# Zulu - All Bible

(Ibhayibheli Elingcwele)


| Old Testament | | | |
|---|---|---|---|
| UGenesise | 3 | UNahume | 1.964 |
| U-Eksodusi | 130 | UHabakuki | 1.969 |
| ULevitikusi | 236 | UZefaniya | 1.975 |
| UNumeri | 311 | UHagayi | 1.981 |
| UDuteronomi | 421 | UZakariya | 1.985 |
| UJoshuwa | 509 | UMalaki | 2.005 |
| AbAhluleli | 568 | **New Testament** | |
| URuthe | 627 | NgokukaMathewu | 2.011 |
| 1 uSamuweli | 635 | NgokukaMarku | 2.093 |
| 2 uSamuweli | 713 | NgokukaLuka | 2.145 |
| 1 AmaKhosi | 778 | NgokukaJohane | 2.232 |
| 2 AmaKhosi | 856 | IzEnzo | 2.297 |
| 1 iziKronike | 927 | KwabaseRoma | 2.379 |
| 2 iziKronike | 1.002 | 1 kwabaseKorinte | 2.414 |
| U-Ezra | 1.086 | 2 kwabaseKorinte | 2.449 |
| UNehemiya | 1.113 | KwabaseGalathiya | 2.472 |
| U-Esteri | 1.150 | Kwabase-Efesu | 2.484 |
| UJobe | 1.168 | KwabaseFilipi | 2.496 |
| AmaHubo | 1.236 | KwabaseKolose | 2.504 |
| IzAga | 1.402 | 1 kwabaseThesalonika | 2.512 |
| UmShumayeli | 1.462 | 2 kwabaseThesalonika | 2.520 |
| IsiHlabelelo seziHlabelelo | 1.482 | 1 kuThimothewu | 2.524 |
| U-Isaya | 1.493 | 2 kuThimothewu | 2.534 |
| UJeremiya | 1.611 | KuThithu | 2.541 |
| IsiLilo | 1.740 | KuFilemoni | 2.545 |
| UHezekeli | 1.751 | KumaHeberu | 2.547 |
| UDaniyeli | 1.872 | EkaJakobe | 2.573 |
| UHoseya | 1.908 | 1 kaPetru | 2.582 |
| UJoweli | 1.925 | 2 kaPetru | 2.591 |
| U-Amose | 1.932 | 1 kaJohane | 2.597 |
| U-Obadiya | 1.946 | 2 kaJohane | 2.606 |
| UJona | 1.949 | 3 kaJohane | 2.608 |
| UMika | 1.954 | EkaJuda | 2.610 |
| | | IsAmbulo | 2.613 |


© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society of south africa

# Zulu - All Bible
(Ibhayibheli Elingcwele)

# ITESTAMENTE ELIDALA

## UGenesise

### UGenesise 1

**Ukudalwa**

1 Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu nomhlaba.

2 Umhlaba wawuyihlane elingenalutho; kwakungubumnyama phezu kotwa, kepha uMoya kaNkulunkulu wehla wenyuka phezu kwamanzi.

3 UNkulunkulu wathi: Makube khona ukukhanya, kwaba khona ukukhanya.

4 UNkulunkulu wabona ukukhanya ukuthi kuhle; uNkulunkulu wahlukanisa ukukhanya nobumnyama.

5 UNkulunkulu wabiza ukukhanya ngokuthi imini; ubumnyama wabubiza ngokuthi ubusuku. Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lokuqala.

6 UNkulunkulu wathi: Makube khona umkhathi phakathi kwamanzi, kwahlukaniswe amanzi namanzi.

7 UNkulunkulu wenza umkhathi, wahlukanisa amanzi aphansi komkhathi namanzi aphezu komkhathi; kwaba njalo.

8 UNkulunkulu wabiza umkhathi ngokuthi izulu. Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lwesibili.

9 UNkulunkulu wathi: Amanzi aphansi kwezulu mawaqoqekele ndawonye, kubonakale umhlabathi owomileyo, kwaba njalo.

10 Okomileyo uNkulunkulu wakubiza ngokuthi umhlaba, nokuqoqeka kwamanzi wakubiza ngokuthi ulwandle; uNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.

11 UNkulunkulu wathi: Umhlaba mawuveze utshani, nemifino ethela imbewu, nemithi yezithelo ethela izithelo ngezinhlobo zayo, ekuyo imbewu yayo, emhlabeni, kwaba njalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Umhlaba wawusuveza utshani nemifino ethela imbewu ngezinhlobo zayo, nemithi ethela izithelo ngezinhlobo zayo, ekuyo imbewu yayo; uNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.

13 Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lwesithathu.

14 UNkulunkulu wathi: Makube khona emkhathini wezulu izinkanyiso ezahlukanisa imini nobusuku, zibe yizibonakaliso zezinkathi, nezezinsuku, nezeminyaka,

15 zibe yizinkanyiso emkhathini wezulu zokukhanyisa emhlabeni, kwaba njalo.

16 UNkulunkulu wazenza izinkanyiso ezimbili ezinkulu, inkanyiso enkulu ukuba ibuse imini, nenkanyiso encane ukuba ibuse ubusuku, kanye nezinkanyezi.

17 UNkulunkulu wazifaka emkhathini wezulu ukuba zikhanyise emhlabeni,

18 zibuse imini nobusuku, zahlukanise ukukhanya nobumnyama. UNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.

19 Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lwesine.

20 UNkulunkulu wathi: Amanzi mawagcwale uswebezane lwezilwane eziphilayo, kundize izinyoni phezu komhlaba emkhathini wezulu.

21 UNkulunkulu wadala imikhomo emikhulu nezilwane zonke eziphilayo ezihambayo, amanzi agcwala zona ngezinhlobo zazo, nezinyoni zonke ezinamaphiko ngezinhlobo zazo. UNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.

22 UNkulunkulu wazibusisa, wathi: Zalani, nande, nigcwalise amanzi aselwandle, nezinyoni zande emhlabeni.

23 Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lwesihlanu.

24 UNkulunkulu wathi: Umhlaba mawuveze izilwane eziphilayo ngezinhlobo zazo, izinkomo, nezilwanyana ezinwabuzelayo, nezilo zomhlaba ngezinhlobo zazo, kwaba njalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[25]UNkulunkulu wazenza izilo zomhlaba ngezinhlobo zazo, nezinkomo
ngezinhlobo zazo, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni
ngezinhlobo zazo. UNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.

[26] UNkulunkulu wathi: Masenze abantu ngomfanekiso wethu, basifuze,
babuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, nezinyoni zezulu, nezinkomo,
nomhlaba wonke, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni.

[27] UNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe; wamdala
ngomfanekiso kaNkulunkulu; wabadala owesilisa nowesifazane.

[28]UNkulunkulu wababusisa; uNkulunkulu wathi kubo: Zalani, nande,
nigcwalise umhlaba, niwunqobe, nibuse phezu kwezinhlanzi zolwandle,
nezinyoni zezulu, nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni.

[29]UNkulunkulu wathi: Bhekani, ngiyaninika yonke imifino ethela imbewu,
esemhlabeni wonke, nemithi yonke okukuyo izithelo zomuthi oveza imbewu,
kube ngukudla kwenu.

[30] Kepha zonke izilwane zomhlaba, nezinyoni zonke zezulu, nezilwanyana
ezinwabuzelayo emhlabeni, eziphefumulayo, zona nginike yonke imifino
eluhlaza ibe ngukudla, kwaba njalo.

[31]UNkulunkulu wabona konke akwenzileyo; bheka, kwakukuhle kakhulu.
Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa, usuku lwesithupha.

## UGenesise 2

### Usuku lwesikhombisa

[1]Kwase kupheleliswa izulu nomhlaba kanye nombuthano wakho wonke.

[2] UNkulunkulu waqeda ngosuku lwesikhombisa imisebenzi yakhe abeyenzile;
waphumula ngosuku lwesikhombisa emisebenzini yakhe yonke abeyenzile.

[3]UNkulunkulu wabusisa usuku lwesikhombisa, walungcwelisa, ngokuba
ngalolo suku waphumula emisebenzini yonke abeyidalile uNkulunkulu,
wayenza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

4Lokhu kungumlando wokudalwa kwezulu nomhlaba ekudalweni kwakho mhla uJehova uNkulunkulu ewenza umhlaba nezulu.

5Kwakungakabikho sihlahla endle, namifino yayingakamili emhlabathini, ngokuba uJehova uNkulunkulu wayengakanisi imvula emhlabeni, kungakabikho muntu wokulima umhlabathi.

6Kepha kwenyuka inkungu ivela emhlabathini, yanisela ubuso bonke bomhlaba.

7 UJehova uNkulunkulu wambumba umuntu ngomhlabathi, waphefumulela emakhaleni akhe umoya wokuphila; kanjalo umuntu waba umphefumulo ophilayo.

**Insimu yase-Edene**

8UJehova uNkulunkulu watshala insimu e-Edene ngasempumalanga; wambeka khona umuntu amenzileyo.

9UJehova uNkulunkulu wahlumisa emhlabathini imithi yonke ebukekayo, emihle, edliwayo, nomuthi wokuphila phakathi nensimu, nomuthi wokwazi okuhle nokubi.

10E-Edene kwavela umfula owamanzisa insimu; wahlukana khona, waba yizimbaxa ezine.

11Eyokuqala inegama lokuthi iPishoni; yiyo ezungeza izwe lonke laseHavila, lapho kukhona igolide.

12Lihle igolide lalelo zwe. Kukhona nenhlaka yebedola netshe leshohamu lapho.

13Igama leyesibili linguGihoni; yiyo ezungeza lonke izwe laseKushe.

14Igama leyesithathu linguHidekeli; yiyo egobhoza ngasempumalanga kwase-Asiriya. Eyesine ingu-Ewufrathe.

15UJehova uNkulunkulu wayesemthatha umuntu, wambeka ensimini yase-Edene ukuba ayilime, ayigcine.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16UJehova uNkulunkulu wamyala umuntu, wathi: Ungadla kuyo yonke imithi yensimu ngokuthanda kwakho,

17kepha ungadli kuwo umuthi wokwazi okuhle nokubi, ngokuba mhla udla kuwo uyakufa nokufa.

### Ukudalwa kowesifazane

18 UJehova uNkulunkulu wathi: Akukuhle ukuba umuntu ahlale yedwa. Ngizakumenzela umsizi onjengaye.

19UJehova uNkulunkulu wabumba ngomhlabathi zonke izilwane zasendle nezinyoni zonke zezulu, waziyisa kumuntu ukuba abone ukuthi umuntu angaziqamba ngokuthini, ukuze kuthi, njengalokhu umuntu eziqamba zonke izilwane eziphilayo, lokhu kube ngamagama azo.

20Umuntu waziqamba amagama zonke izinkomo, nezinyoni zezulu, nezilwane zasendle. Kepha umuntu akatholelwanga umsizi onjengaye.

21UJehova uNkulunkulu wamehlisela umuntu ubuthongo obunzima, walala; wayesethatha olunye lwezimbambo zakhe, wavala indawo ngenyama.

22 UJehova uNkulunkulu wakha owesifazane ngobambo abeluthathile kumuntu, wamyisa kumuntu.

23Wayesethi umuntu: Lo useyithambo lamathambo ami nenyama yenyama yami; uyakubizwa ngokuthi indodakazi, ngokuba uthathwe endodeni.

24 Ngalokho indoda iyakushiya uyise nonina, inamathele kumkayo; bayakuba nyamanye.

25Babehamba ze bobabili, u-Adamu nomkakhe, bengenamahloni.

## UGenesise 3

### Ukuwela esonweni

1 Inyoka yayinobuqili kunazo zonke izilwane zasendle abezenzile uJehova uNkulunkulu. Yathi kowesifazane: Ngempela uNkulunkulu ushilo yini ukuthi: Ningadli emithini yasensimini, na?

2Owesifazane wathi enyokeni: Singadla izithelo zemithi yasensimini,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3kepha ngezithelo zomuthi ophakathi nensimu uNkulunkulu ushilo ukuthi:
Ningazidli, ningazithinti ukuba ningafi.

4Inyoka yathi kowesifazane: Aniyikufa nokufa;

5kepha uNkulunkulu uyazi ukuthi mhla nizidla, kuyakuvuleka amehlo enu,
nibe njengoNkulunkulu, nikwazi okuhle nokubi.

6 Owesifazane ebona ukuthi umuthi ulungele ukudliwa, nokuthi uyabukeka
emehlweni, nokuthi umuthi unxanelekile ekuhlakaniphiseni, wathatha
izithelo zawo, wadla, wanika nendoda yakhe kanye naye, nayo yadla.

7Ayesevuleka amehlo abo bobabili, babona ukuthi bahamba ze; bathunga
amaqabunga omkhiwane, bazenzela izibhinco.

8Base bezwa izwi likaJehova uNkulunkulu ehamba ensimini kusihlwa
ngokuphola kwelanga; u-Adamu nomkakhe bacasha ebusweni bukaJehova
uNkulunkulu phakathi kwemithi yensimu.

9Kepha uJehova uNkulunkulu wambiza u-Adamu, wathi kuye: Uphi na?

10Wathi: Ngizwe izwi lakho ensimini, ngesaba ngokuba ngihamba ze;
ngalokho ngacasha.

11Khona wathi: Ngubani owakutshela ukuthi uhamba ze na? Udlile kulowo
muthi engakuyala ngawo ukuthi ungadli kuwo na?

12U-Adamu wathi: Owesifazane, owangipha yena ukuba abe nami, unginikile
kuwo umuthi, ngadla.

13UJehova uNkulunkulu wathi kowesifazane: Yini lokhu okwenzileyo na?
Owesifazane wathi: Inyoka ingikhohlisile, ngadla.

14UJehova uNkulunkulu wathi enyokeni: Njengokuba usukwenzile lokho,
uqalekisiwe phakathi kwezilwane zonke naphakathi kwazo zonke izilwane
zasendle; uzakuhamba ngesisu sakho, udle uthuli izinsuku zonke zokuhamba
kwakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Ngizakubeka ubutha phakathi kwakho nowesifazane, naphakathi kwenzalo yakho nenzalo yakhe. Yona iyakuchoboza ikhanda lakho, wena uyakulimaza isithende sayo.

16 Wathi kowesifazane: Ngizakukubangela ubuhlungu obukhulu ekukhulelweni kwakho; uyakubeletha abantwana ngobuhlungu. Ukunxanela kwakho kuyakuba sendodeni yakho; yona iyakukubusa.

17 Wayesethi ku-Adamu: Njengokuba ulalele izwi lomkakho, wadla kulowo muthi engakuyala ngawo ukuthi ungadli kuwo, ngalokho umhlabathi uqalekisiwe ngenxa yakho. Uyakudla kuwo ngokukhathazeka zonke izinsuku zokuhamba kwakho.

18 Uyakukuvezela ameva namakhakhasi, wena udle imifino yasendle.

19 Ngesithukuthuku sobuso bakho uyakudla isinkwa sakho, uze ubuyele emhlabathini, lokhu wathathwa kuwo; ngokuba ungumhlabathi, uyakuphenduka umhlabathi.

20 U-Adamu wamqamba umkakhe igama lokuthi u-Eva, ngokuba waba ngunina wabo bonke abaphilayo.

21 UJehova uNkulunkulu wabenzela u-Adamu nomkakhe iziphuku, wabembathisa.

22 UJehova uNkulunkulu wathi: Bheka, u-Adamu usenjengomunye wethu, uyakwazi okuhle nokubi; kepha manje makangeluli isandla sakhe, athathe nakuwo umuthi wokuphila, adle, aphile kuze kube phakade.

23 UJehova uNkulunkulu wammukisa ensimini yase-Edene ukuba alime umhlabathi athathwe kuwo.

24 Wamxosha u-Adamu, wabeka ngasempumalanga kwensimu yase-Edene amakherubi kanye nenkemba yelangabi ephenduphendukayo, ilinde indlela eya emthini wokuphila.

## UGenesise 4

### OKayini no-Abela

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[1]U-Adamu wamazi umkakhe u-Eva; wakhulelwa, wazala uKayini; wathi: Ngitholile indoda kuJehova.

[2]Waphinda wazala u-Abela umfowabo. U-Abela waba ngumalusi, uKayini waba ngumlimi.

[3]Kwathi emva kwezinsuku ezithile uKayini waletha kuJehova umnikelo wezithelo zomhlabathi.

[4] Naye u-Abela waletha umnikelo kuwo amazibulo ezimvu zakhe ezinonileyo. UJehova wanaka u-Abela nomnikelo wakhe.

[5]Kepha uKayini nomnikelo wakhe akawunakanga. Wayesethukuthela kakhulu uKayini, ubuso bakhe banyukumala.

[6]UJehova wathi kuKayini: Uthukuthelelani na? Ubuso bakho bunyukumeleleni na?

[7] Angithi uma wenza kahle, uyamukeleka na? Uma ungenzi kahle, isono sihlezi ngasemnyango; ukunxanela kwaso kukuwe, kepha wena umelwe ukusibusa.

[8] UKayini wakhuluma ku-Abela umfowabo, wathi: Masiye endle. Kwathi besendle, uKayini wasukela umfowabo u-Abela, wambulala.

[9]Wayesethi uJehova kuKayini: Uphi umfowenu u-Abela na? Wathi: Angazi; ngingumlindi womfowethu na?

[10] Khona wathi: Wenzeni na? Izwi legazi lomfowenu liyakhala kimi lisemhlabathini.

[11]Usuqalekisiwe emhlabathini ovulile umlomo wawo ukwamukela igazi lomfowenu esandleni sakho.

[12]Uma ulima umhlabathi, awusayikukunika isithelo sawo; wena uyakuba ngumhambuma nozulane emhlabeni.

[13]Khona wathi uKayini kuJehova: Isono sami sikhulu kunokuba ngisithwale.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[14]Bheka, uyangixosha namuhla ebusweni bomhlaba, ngicashe ebusweni bakho; ngiyakuba ngumhambuma nozulane emhlabeni, ongifumanayo angibulale.

[15]Kepha uJehova wathi kuye: Ngalokho obulala uKayini uyakuphindiselwa kasikhombisa. UJehova wabeka uphawu kuKayini, funa omfumanayo ambulale.

[16]Wayesesuka uKayini ebusweni bukaJehova, wahlala ezweni laseNodi ngasempumalanga kwase-Edene.

## Inzalo kaKayini

[17]UKayini wamazi umkakhe; wakhulelwa, wazala u-Enoke. Wakha umuzi, wawuqamba igama lokuthi u-Enoke ngegama lendodana yakhe.

[18]U-Enoke wazala u-Irade; u-Irade wazala uMehujayele; uMehujayele wazala uMetushayele; uMetushayele wazala uLameka.

[19]ULameka wazithathela abafazi ababili; igama lomunye lalingu-Ada, igama lomunye lalinguSila.

[20]U-Ada wazala uJabale; yena waba nguyise wabahlala ematendeni, befuya izinkomo.

[21]Igama lomfowabo lalinguJubale; yena waba nguyise wabo bonke ababetha ihabhu nomtshingo.

[22]USila wazala uThubali Kayini; wayengumkhandi wazo zonke izinto zethusi nezensimbi ezisikayo. Udadewabo kaThubali Kayini wayenguNahama.

[23]ULameka wathi kubo abafazi bakhe: Ada noSila, yizwani izwi lami; nina bafazi bakaLameka, lalelani ukusho kwami: Bhekani, ngibulala umuntu ngenxeba engilitholayo, nensizwa ngomvimbo engiwuzwiswayo.

[24]Yebo, uKayini uyakuphindiselwa kasikhombisa, kepha uLameka kamashumi ayisikhombisa, aphindwe kasikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[25]U-Adamu wabuye wamazi umkakhe; wazala indodana, wamqamba igama lokuthi uSeti, ethi: UNkulunkulu ungibekele enye inzalo esikhundleni sika-Abela, njengokuba uKayini umbulele.

[26]Naye uSeti wazala indodana, wayiqamba igama layo ngokuthi u-Enoshe. Ngaleso sikhathi abantu baqala ukukhuleka egameni likaJehova.

## UGenesise 5

### Inzalo kaSeti

[1] Lokhu kuyincwadi yezizukulwane zika-Adamu. Msukwana uNkulunkulu edala umuntu wamenza ngomfanekiso kaNkulunkulu.

[2]Wabadala owesilisa nowesifazane, wababusisa, waqamba igama labo ngokuthi abantu mhla bedalwa.

[3]U-Adamu wahamba iminyaka eyikhulu namashumi amathathu, wazala indodana ngomfanekiso wakhe efana naye, wayiqamba igama lokuthi uSeti.

[4]Izinsuku zika-Adamu emva kokuzalwa kukaSeti zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili; wazala amadodana namadodakazi.

[5]Zonke izinsuku zokuhamba kuka-Adamu zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi amathathu; wayesefa.

[6]USeti wahamba iminyaka eyikhulu nanhlanu, wazala u-Enoshe.

[7]Emva kokuzalwa kuka-Enoshe uSeti wahamba iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili nesikhombisa, wazala amadodana namadodakazi.

[8]Zonke izinsuku zikaSeti zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye neshumi nambili; wayesefa.

[9]U-Enoshe wahamba iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye, wazala uKhenani.

[10]Emva kokuzalwa kukaKhenani u-Enoshe wahamba iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili neshumi nanhlanu, wazala amadodana namadodakazi.

[11]Zonke izinsuku zika-Enoshe zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye nanhlanu; wayesefa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12UKhenani wahamba iminyaka engamashumi ayisikhombisa, wazala
uMahalalele.

13Emva kokuzalwa kukaMahalalele uKhenani wahamba iminyaka
engamakhulu ayisishiyagalombili namashumi amane, wazala amadodana
namadodakazi.

14Zonke izinsuku zikaKhenani zaziyiminyaka engamakhulu
ayisishiyagalolunye neshumi; wayesefa.

15UMahalalele wahamba iminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu,
wazala uJarede.

16Emva kokuzalwa kukaJarede uMahalalele wahamba iminyaka engamakhulu
ayisishiyagalombili namashumi amathathu, wazala amadodana
namadodakazi.

17Zonke izinsuku zikaMahalele zaziyiminyaka engamakhulu
ayisishiyagalombili namashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu; wayesefa.

18UJarede wahamba iminyaka eyikhulu namashumi ayisithupha namabili,
wazala u-Enoke.

19Emva kokuzalwa kuka-Enoke uJarede wahamba iminyaka engamakhulu
ayisishiyagalombili, wazala amadodana namadodakazi.

20Zonke izinsuku zikaJarede zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye
namashumi ayisithupha nambili; wayesefa.

21U-Enoke wahamba iminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu, wazala
uMetushela.

22Emva kokuzalwa kukaMetushela u-Enoke wahamba noNkulunkulu
iminyaka engamakhulu amathathu, wazala amadodana namadodakazi.

23Zonke izinsuku zika-Enoke zaziyiminyaka engamakhulu amathathu
namashumi ayisithupha nanhlanu.

24 U-Enoke wayehamba noNkulunkulu; kepha wayesengasekho nje, ngokuba
uNkulunkulu wamthabatha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25UMetushela wahamba iminyaka eyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nesikhombisa, wazala uLameka.

26Emva kokuzalwa kukaLameka uMetushela wahamba iminyaka engamakhulu ayisikhombisa namashumi ayisishiyagalombili nambili, wazala amadodana namadodakazi.

27Zonke izinsuku zikaMetushela zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisithupha nesishiyagalolunye; wayesefa.

28ULameka wahamba iminyaka eyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nambili, wazala indodana.

29Waqamba igama layo ngokuthi uNowa, ethi: Lo uyakusiduduza emsebenzini wethu nasenkathazweni yezandla zethu emhlabathini awuqalekisa uJehova.

30Emva kokuzalwa kukaNowa uLameka wahamba iminyaka engamakhulu ayisihlanu namashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu, wazala amadodana namadodakazi.

31Zonke izinsuku zikaLameka zaziyiminyaka engamakhulu ayisikhombisa namashumi ayisikhombisa nesikhombisa; wayesefa.

32UNowa wahamba iminyaka engamakhulu ayisihlanu; uNowa wazala oShemi, noHamu, noJafete.

## UGenesise 6

### Ukwanda kobubi babantu

1Kwathi abantu beqala ukwanda ebusweni bomhlaba, bezala amadodakazi,

2amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi abantu ukuthi mahle, azithathela abafazi kuwo awathandayo.

3Wayesethi uJehova: UMoya wami awuyikubusa njalo kumuntu, njengokuba eyinyama nje; izinsuku zakhe ziyakuba yiminyaka eyikhulu namashumi amabili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Ngalezo zinsuku kwakukhona iziqhwaga emhlabeni, nangasemuva futhi, lapho amadodana kaNkulunkulu engena kuwo amadodakazi abantu, awazalela abantwana. Lana ayengamadodana asendulo anamandla, anegama lodumo.

5 Kepha uJehova wabona ukuthi ububi bomuntu bukhulu emhlabeni nokuthi zonke izizindlo zemicabango yenhliziyo yakhe zimbi njalo.

6 Wayesezisola uJehova ukuthi wayebenzile abantu emhlabeni, wadabuka enhliziyweni yakhe.

7 UJehova wathi: Abantu engibadalileyo ngizakubachitha ebusweni bomhlaba, yebo, abantu, nezinkomo, nezilwanyana ezinwabuzelayo, nezinyoni zezulu, ngokuba ngiyazisola ukuthi ngibenzile.

8 Kepha uNowa wayetholile umusa emehlweni kaJehova.

9 Lokhu kuyizizukulwane zikaNowa. UNowa wayeyindoda eqotho, engenacala esizukulwaneni sakhe; uNowa wayehamba noNkulunkulu.

10 UNowa wazala amadodana amathathu: ngoShemi, noHamu, noJafete.

11 Umhlaba wawonakele ebusweni bukaJehova; umhlaba wagcwala ubudlwangudlwangu.

12 UNkulunkulu wabona ukuthi umhlaba wonakele, ngokuba inyama yonke yayonakalisile indlela yayo emhlabeni.

### Ukumenyezelwa kukazamcolo

13 UNkulunkulu wathi kuNowa: Ukuphela kwenyama yonke kufikile phambi kwami, ngokuba umhlaba ugcwele ubudlwangudlwangu ngenxa yabantu; bheka, ngiyakubachitha kanye nomhlaba.

14 Yakha umkhumbi ngemithi yegofere, wenze amakamelo emkhunjini, uwuhuqe ngaphakathi nangaphandle ngekolitayi.

15 Yikho lokhu ozakukwenza: ubude bomkhumbi buyakuba yizingalo ezingamakhulu amathathu, ububanzi bawo bube yizingalo ezingamashumi ayisihlanu, nokuphakama kwawo kube yizingalo ezingamashumi amathathu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Yenza ifasitele emkhunjini, uligcine ngaphezulu libe yingalo inye, ufake umnyango womkhumbi ohlangothini lwawo, uwenze ube nendlu engaphansi nengaphakathi nengaphezulu.

17 Mina, bheka, mina ngizakuzisa uzamcolo wamanzi emhlabeni ukuba achithe yonke inyama okukuyo umoya wokuphila phansi kwezulu; konke okusemhlabeni kuzakufa.

18 Kepha ngiyakumisa isivumelwano sami nawe, uze ungene emkhunjini, wena namadodana akho, nomkakho, nabafazi bamadodana akho bekanye nawe.

19 Nakuzo zonke izilwane uzakungenisa ezimbili kuzo zonke izinhlobo zenyama ukuba ziphile nawe, kube ngeyeduna neyensikazi.

20 Kuzo izinyoni ngezinhlobo zazo, nakuzo izinkomo ngezinhlobo zazo, nakuzo izilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni ngezinhlobo zazo kuzakufika kuwe ezimbili zezinhlobo zonke, ziphile.

21 Zithathele kukho konke ukudla okudliwayo, ukubuthele kuwe; kuyakuba ngukudla kwakho nokwabo.

22 UNowa wenze njalo; njengalokho uNkulunkulu emyalile wakwenza.

## UGenesise 7

### Ukufika kukazamcolo

1 UJehova wathi kuNowa: Ngena emkhunjini, wena nendlu yakho yonke, ngokuba ngikubonile wena ukuthi uqotho phambi kwami kulesi sizukulwane.

2 Kuzo zonke izilwane ezihlambulukileyo uzakuthatha ngasikhombisa, iduna nensikazi yalo, nakuzo izilwane ezingahlambulukile uthathe ngambili, iduna nensikazi yalo,

3 nakuzo izinyoni zezulu ngasikhombisa, iduna nensikazi, ukuba kulondolozwe inzalo emhlabeni wonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Ngokuba emva kwezinsuku eziyisikhombisa ngiyakunisa imvula emhlabeni izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane, ngichithe ebusweni bomhlaba konke okuphilayo engikwenzileyo.

5UNowa wakwenza konke njengalokho emyalile uJehova.

6UNowa wayeneminyaka engamakhulu ayisithupha mhla uzamcolo wamanzi efika emhlabeni.

7UNowa wangena emkhunjini namadodana akhe, nomkakhe, nabafazi bamadodana akhe bekanye naye ngenxa yamanzi kazamcolo.

8Kuzo izilwane ezihlambulukileyo nezingahlambulukile, nezinyoni, nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni

9kwangena ngambili emkhunjini kuNowa, iduna nensikazi, njengalokho uNkulunkulu emyalile uNowa.

10Kwathi emva kwezinsuku eziyisikhombisa amanzi kazamcolo afika emhlabeni;

11 ngomnyaka wamakhulu ayisithupha wokuhamba kukaNowa ngenyanga yesibili ngosuku lweshumi nesikhombisa lwenyanga, ngalona lolo suku imithombo yonke yotwa yabhoboka, namafasitele asezulwini avuleka.

12Lana emhlabeni izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane.

13Ngalolo suku uNowa wangena emkhunjini noShemi, noHamu, noJafete, amadodana kaNowa, nomkaNowa, nabafazi bobathathu bamadodana akhe bekanye nabo,

14bona nazo zonke izilwane ngezinhlobo zazo, nezinkomo zonke ngezinhlobo zazo, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni ngezinhlobo zazo, nezinyoni zonke ngezinhlobo zazo, konke okunamaphiko.

15Zangena kuNowa emkhunjini zimbili ngazimbili enyameni yonke okukuyo umoya wokuphila.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[16]Ezangenayo zangena ziyiduna nensikazi zenyama yonke, njengalokho uNkulunkulu emyalile; uJehova wavala emva kwakhe.

[17]Kwaba nguzamcolo emhlabeni izinsuku ezingamashumi amane; amanzi anda, aphakamisa umkhumbi; waphakama phezu komhlaba.

[18]Amanzi akhula, anda kakhulu emhlabeni; umkhumbi wahamba ebusweni bamanzi.

[19]Amanzi andisisa impela emhlabeni; zasitshekelwa zonke izintaba eziphakemeyo eziphansi kwezulu lonke.

[20]Amanzi azidlula ngezingalo eziyishumi nanhlanu, zaze zasitshekelwa izintaba.

[21]Inyama yonke eyayihamba emhlabeni yafa, izinyoni, nezinkomo, nezilo, nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni, nabantu bonke;

[22]konke okunomphefumulo womoya wokuphila emakhaleni akho, konke okusemhlabathini owomileyo, kwafa.

[23]Wachitha kanjalo konke okuphilayo ebusweni bomhlaba, abantu, nezinkomo, nezilwanyana ezinwabuzelayo, nezinyoni zezulu; wakuchitha emhlabeni; kwasala uNowa yedwa kanye nakho okwakukhona naye emkhunjini.

[24]Amanzi ayenamandla emhlabeni izinsuku eziyikhulu namashumi ayisihlanu.

## UGenesise 8

### Ukuphela kukazamcolo

[1]UNkulunkulu wayesemkhumbula uNowa, nezilwane zonke, nezinkomo zonke ezinaye emkhunjini. UNkulunkulu wadlulisa umoya phezu komhlaba, amanzi abohla.

[2]Imithombo yotwa namafasitele asezulwini kwavinjwa, imvula yasezulwini yaphela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Amanzi ayesemuka njalo emhlabeni; emva kwezinsuku eziyikhulu namashumi ayisihlanu amanzi ancipha.

4Ngenyanga yesikhombisa ngosuku lweshumi nesikhombisa enyangeni umkhumbi wema ezintabeni zase-Ararati.

5Amanzi ancipha njalonjalo, kwaze kwaba senyangeni yeshumi. Ngeyeshumi ngolokuqala lwenyanga iziqongo zezintaba zabonakala.

6Kwathi emva kwezinsuku ezingamashumi amane uNowa wavula ifasitele lomkhumbi abelenzile.

7Wathuma igwababa, lazulazula njalo, aze asha amanzi emhlabeni.

8Wayesethuma ijuba ukubona ukuba amanzi asenciphile yini ebusweni bomhlaba.

9Kepha ijuba lalingafumani ukuphumula kwamathe onyawo lwalo, labuyela kuye emkhunjini, ngokuba amanzi ayesesebusweni bomhlaba wonke; waselula isandla sakhe, walithatha, walingenisa kuye emkhunjini.

10Wabuye wahlala izinsuku eziyisikhombisa; waphinda walithuma ujuba emkhunjini.

11Ijuba lafika kuye ngakusihlwa; bheka, kusemlonyeni walo iqabunga lomnqumo elikhiweyo. Wase azi uNowa ukuthi amanzi anciphile emhlabeni.

12Wabuye wahlala izinsuku eziyisikhombisa; walithuma ijuba; alabe lisabuyela kuye.

13Kwathi ngomnyaka wamakhulu ayisithupha nanye ngenyanga yokuqala ngolokuqala lwenyanga amanzi abeseshile emhlabeni; uNowa wasusa uphahla lomkhumbi, wabona, bheka, ubuso bomhlaba base bomile.

14Ngenyanga yesibili ngosuku lwamashumi amabili nesikhombisa lwenyanga umhlaba wawusomile.

15UNkulunkulu wakhuluma kuNowa, wathi:

16 Phuma emkhunjini, wena nomkakho, namadodana akho, nabafazi bamadodana akho bekanye nawe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[17] Phuma kanye nezilwane zonke eziphilayo zenyama yonke, izinyoni, nezinkomo, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni, zichume emhlabeni, zizale, zande emhlabeni.

[18]Wayesephuma uNowa namadodana akhe, nomkakhe, nabafazi bamadodana akhe bekanye naye.

[19]Zonke izilwane, nazo zonke izilwanyana ezinwabuzelayo, nazo zonke izinyoni, konke okuhamba emhlabeni ngezinhlobo zakho kwaphuma emkhunjini.

### Umnikelo kaNowa nesithembiso sikaJehova

[20]UNowa wamakhela uJehova i-altare, wathatha kuzo zonke izilwane ezihlambulukileyo nakuzo zonke izinyoni ezihlambulukileyo, wanikela umnikelo wokushiswa e-altare.

[21] UJehova wezwa iphunga elimnandi; uJehova wathi enhliziyweni yakhe: Angisayikuphinda ngiqalekise umhlaba ngenxa yabantu, ngokuba imicabango yomuntu mibi kwasebusheni bakhe; angisayikuphinda ngibhubhise konke okuphilayo, njengalokho ngenzile.

[22]Umhlaba usekhona, ukutshala nokuvuna, amakhaza nokufudumala, ihlobo nobusika, imini nobusuku akuyikunqamuka.

## UGenesise 9

### Isivumelwano sikaNkulunkulu noNowa

[1] UNkulunkulu wabusisa uNowa namadodana akhe, wathi kubo: Zalani nande, nigcwalise umhlaba.

[2]Uvalo nokwesabeka kwenu akube phezu kwezilwane zonke zomhlaba, naphezu kwazo zonke izinyoni zezulu, naphezu kwakho konke okunwabuzelayo emhlabeni, naphezu kwazo zonke izinhlanzi, kunikezelwe ezandleni zenu.

[3] Zonke izilwane eziphilayo ziyakuba ngukudla kwenu; ngiyaninika konke kube njengemifino eluhlaza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Kepha inyama okukuyo umphefumulo wayo, okungukuthi igazi layo, aniyikuyidla.

5 Kodwa elenu igazi okukulo umphefumulo wenu ngiyakulibiza; kuzo zonke izilwane ngiyakulibiza; nakubo bonke abantu ngiyakubiza umphefumulo wabo, owomunye esandleni somunye.

6 Ochitha igazi lomuntu, igazi lakhe liyakuchithwa ngabantu, ngokuba uNkulunkulu wamenza umuntu ngomfanekiso wakhe.

7 Kepha zalani nina, nande, nichume emhlabeni, nivame kuwo.

8 UNkulunkulu wakhuluma kuNowa nakumadodana akhe enaye, wathi:

9 Bhekani, mina ngiyamisa isivumelwano sami nani nenzalo yenu emva kwenu,

10 nezilwane zonke eziphilayo ezinani, izinyoni, nezinkomo, nezilo zomhlaba ezinani, zonke eziphume emkhunjini, yebo, zonke izilwane zasemhlabeni.

11 Ngizakumisa isivumelwano sami nawe; akusayikubhujiswa nyama ngamanzi kazamcolo; akasayikuza uzamcolo ukuba achithe umhlaba.

12 UNkulunkulu wathi: Lokhu kuluphawu lwesivumelwano engisenza phakathi kwami nani nazo zonke izilwane eziphilayo ezinani kuze kube sezizukulwaneni zaphakade:

13 ngizakumisa uthingo lwami emafwini, lube luphawu lwesivumelwano phakathi kwami nomhlaba.

14 Kuyakuthi lapho ngiqoqa amafu phezu komhlaba, uthingo lubonakale emafwini.

15 Khona ngiyakukhumbula isivumelwano esiphakathi kwami nani nazo zonke izilwane eziphilayo zenyama yonke; amanzi awasayikuba nguzamcolo wokuchitha inyama yonke.

16 Uthingo luyakuba semafwini; ngizakulubheka, ngikhumbule isivumelwano esiphakade phakathi kukaNkulunkulu nazo zonke izilwane eziphilayo zenyama yonke emhlabeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17UNkulunkulu wathi kuNowa: Lokhu kuluphawu lwesivumelwano
engisenzile phakathi kwami nayo yonke inyama esemhlabeni.

18Amadodana kaNowa aphuma emkhunjini ayengoShemi, noHamu, noJafete;
uHamu wayenguyise kaKhanani.

19Yilawo amadodana amathathu kaNowa; umhlaba wonke wagcwaliswa
ngabavela kuwo.

### Amazwi kaNowa kumadodana akhe

20UNowa waqala waba ngumlimi, watshala isivini.

21Waphuza iwayini, wadakwa, walala nqunu etendeni lakhe.

22UHamu uyise kaKhanani wabona ubunqunu bukayise, watshela abafowabo
bobabili bengaphandle.

23 OShemi noJafete bathatha ingubo, bayifaka emahlombe abo bobabili,
bahamba nyovane, basibekela ubunqunu bukayise; ubuso babo babubheka
emuva, abaze babona ubunqunu bukayise.

24UNowa waphaphama ekudakweni, wezwa lokho ebikwenzile kuye
indodana yakhe encane.

25Wathi: Makaqalekiswe uKhanani, abe yisigqila sezigqila kubafowabo.

26Wathi futhi: Ubusisiwe uJehova, uNkulunkulu kaShemi, uKhanani abe
yisigqila sabo.

27UNkulunkulu amandise uJafete, ahlale ematendeni kaShemi, uKhanani abe
yisigqila sabo.

### Ukufa kukaNowa

28Emva kukazamcolo uNowa wahamba iminyaka engamakhulu amathathu
namashumi ayisihlanu.

29Izinsuku zonke zikaNowa zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye
namashumi ayisihlanu.

## UGenesise 10

### Inzalo yamadodana kaNowa

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

1 Lezi ziyizizukulwane zamadodana kaNowa: ngoShemi, noHamu, noJafete; bazalelwa amadodana emva kukazamcolo.

2Amadodana kaJafete: ngoGomere, noMagoge, noMadayi, noJavani, noThubali, noMesheke, noTirase.

3Amadodana kaGomere: ngo-Ashikenaze, noRifate, noThogarma.

4Amadodana kaJavani: ngo-Elisha, noTharishishi, noKitimi, noDodanimi.

5Kuvela kulabo iziqhingi zabezizwe zahlukaniselwa amazwe abo, kwaba yilelo nalelo ngolimi lwalo, nangemindeni yalo, nangezizwe zalo.

6Amadodana kaHamu: ngoKushe, noMisirayimi, noPhuthi, noKhanani.

7Amadodana kaKushe: ngoSeba, noHavila, noSabita, noRama, noSabitheka. Amadodana kaRama: ngoSheba noDedani.

8UKushe wazala uNimrode; yena waqala ukuba ngonamandla emhlabeni.

9Wayeyiphisi elinamandla ebusweni bukaJehova; ngalokho kuthiwa: Iphisi elinamandla njengoNimrode ebusweni bukaJehova.

10Ukubusa kwakhe kwaqala eBabele, nase-Ereke, nase-Akade, naseKaline, ezweni laseShineyari.

11Waphuma kulelo zwe, waya e-Asiriya, wakha iNineve, neRehoboti-Ire, neKhala,

12 neResene phakathi kweNineve neKhala; lo ungumuzi omkhulu.

13UMisirayimi wazala amaLudi, nama-Anami, namaLehabi, namaNafetuhi,

14namaPatrusi, namaKasuluhi, lapho kwavela khona amaFilisti namaKafitori.

15UKhanani wazala uSidoni, izibulo lakhe, noHeti,

16namaJebusi, nama-Amori, namaGirigashi,

17namaHivi, nama-Arki, namaSini,

18nama-Arvadi, namaSemari, namaHamati; ngasemuva imindeni yamaKhanani yahlakazeka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Umkhawulo wamaKhanani wawusukela eSidoni, waya ngaseGerari waze wafika eGaza; waya ngaseSodoma naseGomora nase-Adima naseSeboyimi waze wafika eLasha.

20 Labo babe ngamadodana kaHamu ngemindeni yawo nangezilimi zawo emazweni awo nasezizweni zawo.

21 NoShemi uyise wabantwana bonke baka-Ebere, umnewabo omkhulu kaJafete, wazala abantwana.

22 Amadodana kaShemi: ngo-Elamu, no-Ashuri, no-Arapakishade, noLude, no-Aramu.

23 Amadodana ka-Aramu: ngo-Use, noHule, noGeteri, noMashe.

24 U-Arpakishade wazala uShela; uShela wazala u-Ebere.

25 U-Ebere wazala amadodana amabili; igama lomunye lalinguPhelege, ngokuba emihleni yakhe izwe ladatshulwa. Igama lomfowabo lalinguJokothane.

26 UJokothane wazala o-Alimodade, noShelefe, noHasaramavete, noJere,

27 noHadoramu, no-Uzali, noDikila,

28 no-Obale, no-Abimayele, noSheba,

29 no-Ofiri, noHavila, noJababi; bonke laba babengamadodana kaJokothane.

30 Ukwakha kwabo kwasukela eMesha kwaze kwafika ngaseSefare, intaba yasempumalanga.

31 Laba babe ngamadodana kaShemi ngemindeni yawo nangezilimi zawo, emazweni awo nasezizweni zawo.

32 Lezi ziyimindeni yamadodana kaNowa ngezizukulwane zawo ezizweni zawo; ngalawo izizwe zahlakazeka emhlabeni emva kukazamcolo.

## UGenesise 11

### Umbhoshongo waseBabele

1 Umhlaba wonke wawunolimi lunye nokukhuluma kunye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

2Kwathi ekusukeni kwabo empumalanga bafumana ithafa ezweni laseShineyari; bakha khona.

3Base bethi omunye komunye: Wozani, ake senze izitini, sizishisise. Izitini zaba ngamatshe abo, nebitume laba ludaka lwabo.

4Bathi: Wozani, asakhe umuzi nombhoshongo osiqongo sawo sisezulwini, sizenzele igama, funa sihlakazeke ebusweni bomhlaba wonke.

5UJehova wehla ukuba abone umuzi nombhoshongo okwakhiwa ngabantwana babantu.

6UJehova wathi: Bheka, bonke basizwe sinye nolimi lunye; yikho abaqala ngakho; manje abayikunqanyulelwa lutho abahlosa ukulwenza.

7Wozani sehle, siye ukusanganisa ulimi lwabo ukuba bangezwani, kube yilowo nalowo ulimi lomunye.

8Kanjalo uJehova wabahlakazela emhlabeni wonke, bephuma lapho; bayeka ukwakha umuzi.

9Ngalokho igama lawo lathiwa iBabele, ngokuba uJehova wasanganisa khona ulimi lomhlaba wonke; wabahlakazela emhlabeni wonke.

## Inzalo kaShemi

10 Lezi ziyizizukulwane zikaShemi; uShemi wayeneminyaka eyikhulu, wazala u-Arpakishade iminyaka emibili emva kukazamcolo.

11Emva kokuzalwa kuka-Arpakishade uShemi wahamba iminyaka engamakhulu ayisihlanu, wazala amadodana namadodakazi.

12 U-Arpakishade wahamba iminyaka engamashumi amathathu nanhlanu, wazala uShela.

13Emva kokuzalwa kukaShela u-Arpakishade wahamba iminyaka engamakhulu amane nantathu, wazala amadodana namadodakazi.

14UShela wahamba iminyaka engamashumi amathathu, wazala u-Ebere.

15Emva kokuzalwa kuka-Ebere uShela wahamba iminyaka engamakhulu amane nantathu, wazala amadodana namadodakazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

16U-Ebere wahamba iminyaka engamashumi amathathu nane, wazala uPhelege.

17Emva kokuzalwa kukaPhelege u-Ebere wahamba iminyaka engamakhulu amane namashumi amathathu, wazala amadodana namadodakazi.

18UPhelege wahamba iminyaka engamashumi amathathu, wazala uRehu.

19Emva kokuzalwa kukaRehu uPhelege wahamba iminyaka engamakhulu amabili nesishiyagalolunye, wazala amadodana namadodakazi.

20URehu wahamba iminyaka engamashumi amathathu nambili, wazala uSerugi.

21Emva kokuzalwa kukaSerugi uRehu wahamba iminyaka engamakhulu amabili nesikhombisa, wazala amadodana namadodakazi.

22USerugi wahamba iminyaka engamashumi amathathu, wazala uNahori.

23Emva kokuzalwa kukaNahori uSerugi wahamba iminyaka engamakhulu amabili, wazala amadodana namadodakazi.

24UNahori wahamba iminyaka engamashumi amabili nesishiyagalolunye, wazala uThera.

25Emva kokuzalwa kukaThera uNahori wahamba iminyaka eyikhulu neshumi nesishiyagalolunye, wazala amadodana namadodakazi.

26UThera wahamba iminyaka engamashumi ayisikhombisa, wazala o-Abrama, noNahori, noHarana.

27Lezi ziyizizukulwane zikaThera. UThera wazala o-Abrama, noNahori, noHarana; uHarana wazala uLoti.

28UHarana wafa phambi kukayise uThera ezweni lokuzalwa kwakhe, i-Uri lamaKaledi.

29O-Abrama noNahori bazithathela abafazi; igama lomka-Abrama lalinguSarayi; igama lomkaNahori lalinguMilka, indodakazi kaHarana, uyise kaMilka noyise kaJiska.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30 USarayi wayeyinyumba, engenamntwana.

31 UThera wathatha u-Abrama indodana yakhe, noLoti indodana kaHarana, indodana yendodana yakhe, noSarayi umalokazana wakhe, umka-Abrama indodana yakhe, waphuma nabo e-Uri lamaKaledi ukuya ezweni laseKhanani; bafika eHarana, bakha khona.

32 Izinsuku zikaThera zaziyiminyaka engamakhulu amabili nanhlanu; uThera wafela eHarana.

## UGenesise 12

### Ukubizwa kuka-Abrama

1 UJehova wathi ku-Abrama: Phuma ezweni lakini, nasezihlotsheni zakho, nasendlini kayihlo, uye ezweni engiyakukukhombisa lona.

2 Ngiyakukwenza isizwe esikhulu, ngikubusise, ngenze igama lakho libe likhulu, wena ube yisibusiso.

3 Ngiyakubabusisa abakubusisayo, nokuqalekisayo ngiyakumqalekisa; imindeni yonke yomhlaba iyakubusiswa kuwe.

4 Wayesesuka u-Abrama, njengalokho uJehova emtshelile; uLoti wahamba naye; u-Abrama wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu mhla ephuma eHarana.

5 U-Abrama wathatha uSarayi umkakhe, noLoti indodana yomfowabo, nempahla yonke ababeyibuthile, nezinceku ababezitholile eHarana; basuka ukuya ezweni laseKhanani; bafika-ke ezweni laseKhanani.

### Ukufika kuka-Abrama eKhanani

6 U-Abrama wadabula izwe, waze wafika endaweni yaseShekemi nase-okini laseMore; amaKhanani ayesekhona ezweni.

7 UJehova wabonakala ku-Abrama, wathi: Leli zwe ngiyakulinika inzalo yakho. Wamakhela khona i-altare uJehova owayebonakele kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Wayesesuka lapho, waya entabeni ngasempumalanga kwaseBethele, wamisa itende lakhe, iBethele lingasentshonalanga ne-Ayi lingasempumalanga; wamakhela khona uJehova i-altare, wakhuleka egameni likaJehova.

9 Ngasemuva u-Abrama wahamba waqonda njalo ngaseningizimu.

**Ukuhamba kuka-Abrama ukuya eGibithe**

10 Kwakukhona indlala ezweni; u-Abrama wehlela eGibithe ukuba agogobale khona, ngokuba indlala yayinzima ezweni.

11 Kwathi esasondela ukungena eGibithe, wathi kuSarayi umkakhe: Bheka-ke, ngiyazi ukuthi ungowesifazane omuhle, obukekayo.

12 Kuyakuthi ukuba abaseGibithe bakubone, bathi: Ngumkakhe lowo, bazakungibulala mina, bakulonde wena.

13 Mawuthi ungudadewethu, ukuze kube kuhle kimi ngenxa yakho, umphefumulo wami uphile ngenxa yakho.

14 Kwathi u-Abrama efika eGibithe, abaseGibithe babona owesifazane ukuthi muhle kakhulu.

15 Izinduna zikaFaro zambona, zambabaza phambi kukaFaro; owesifazane wangeniswa endlini kaFaro.

16 U-Abrama waphathwa kahle ngenxa yakhe; waba nezimvu, nezinkabi, nezimbongolo, nezinceku, nezincekukazi, nezimbongolokazi, namakamela.

17 Kepha uJehova wamshaya uFaro nendlu yakhe ngezinhlupho ezinkulu ngenxa kaSarayi umka-Abrama.

18 UFaro wayesembiza u-Abrama, wathi: Kuyini lokho okwenze kimi na? Awungitshelanga ngani ukuthi ungumkakho na?

19 Usholoni ukuthi: Ungudadewethu, ngize ngimthathe abe ngumkami, na? Bheka manje, nangu umkakho; mthathe, uhambe.

20 UFaro wayala amadoda ngaye; ammukisa kanye nomkakhe nakho konke anakho.

## UGenesise 13

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Ukwahlukana kuka-Abrama noLoti

1 U-Abrama wakhuphuka eGibithe kanye nomkakhe nakho konke anakho, uLoti enaye, waya ngaseningizimu.

2 U-Abrama wayefuyile kakhulu izinkomo, nesiliva, negolide.

3 Kuzo izinkambo zakhe wasuka eningizimu, wafika eBethele, leyo ndawo lapho lalikhona itende lakhe kuqala, phakathi kweBethele ne-Ayi,

4 indawo ye-altare abelenzile khona kuqala; u-Abrama wakhuleka lapho egameni likaJehova.

5 Naye uLoti owahamba no-Abrama wayenezimvu, nezinkomo, namatende.

6 Izwe lalingenakubanela ukuba bahlale ndawonye, ngokuba impahla yabo yayiningi kunokuba bahlale ndawonye.

7 Kwavela ukuxabana phakathi kwabelusi bezinkomo zika-Abrama nabelusi bezinkomo zikaLoti; amaKhanani namaPherizi ayehlala khona ezweni.

8 U-Abrama wathi kuLoti: Akungabikho ukuxabana phakathi kwami nawe naphakathi kwabelusi bami nabelusi bakho, ngokuba singabazalwane.

9 Izwe lonke alisobala ebusweni bakho na? Mawuhlukane nami; uma uya ngakwesokhohlo, ngiyakuya ngakwesokunene; uma uya ngakwesokunene, ngiyakuya ngakwesokhohlo.

10 ULoti waphakamisa amehlo akhe, wabona ukuthi ithafa lonke laseJordani lalinamanzi lonke; uJehova engakachithi iSodoma neGomora, lalinjengensimu kaJehova nanjengezwe laseGibithe kwaze kwaba seSowari.

11 ULoti wakhetha ithafa lonke laseJordani; uLoti wasuka waya ngasempumalanga; bahlukana omunye nomunye.

12 U-Abrama wahlala ezweni laseKhanani; uLoti wahlala emizini yasethafeni, wamisa itende lakhe ngaseSodoma.

13 Kepha abantu baseSodoma babebabi, bengabonayo kakhulu phambi kukaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14UJehova wathi ku-Abrama, uLoti esehlukene naye: Phakamisa manje amehlo akho ubuke, usendaweni lapho umi khona, ngasenyakatho, naseningizimu, nasempumalanga, nasentshonalanga,

15 ngokuba izwe lonke olibonayo ngiyakulinika wena nenzalo yakho kuze kube phakade.

16Ngiyakwenza inzalo yakho ibe njengothuli lomhlaba, kuze kuthi, uma umuntu engabala uthuli lomhlaba, iyakubalwa nenzalo yakho.

17Suka udabule izwe, ubude balo nobubanzi balo, ngokuba ngiyakukunika lona.

18Wayesesuka u-Abrama, weza wakha ngasema-okini aseMamre laseHebroni, wamakhela khona uJehova i-altare.

## UGenesise 14

### Impi kaKedorlawomere

1Kwathi emihleni ka-Amrafeli inkosi yaseShineyari, no-Ariyoki inkosi yase-Elasare, noKedorlawomere inkosi yase-Elamu, noTidali inkosi yezizwe,

2baphaka impi noBera inkosi yaseSodoma, noBirisha inkosi yaseGomora, noShinabe inkosi yase-Adima, noShemebere inkosi yaseSeboyimi, nenkosi yaseBela eliyiSowari.

3Bonke laba bahlangana esiGodini saseSidimi esiluLwandle Lukasawoti.

4Iminyaka eyishumi nambili bamkhonza uKedorlawomere, kepha ngomnyaka weshumi nantathu bahlubuka.

5Ngomnyaka weshumi nane kweza uKedorlawomere kanye namakhosi anaye, banqoba amaRefa e-Ashiterοti Karinayimi, namaZuzi eHamu, nama-Emi eShave Kiriyatayimi,

6namaHori entabeni yawo iSeyiri, kwaze kwaba se-Eli Pharanu ngasehlane.

7Base bebuyela emuva, beza e-Eni Mishipati eliyiKadeshi, bachitha izwe lonke lama-Amaleki nelama-Amori ayehlala eHasasoni Tamari.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Yaphuma inkosi yaseSodoma, nenkosi yaseGomora, nenkosi yase-Adima, nenkosi yaseSeboyimi, nenkosi yaseBela eliyiSowari; bahloma, balwa nabo esiGodini saseSidimi.

9Balwa noKedorlawomere inkosi yase-Elamu, noTidali inkosi yezizwe, no-Amrafeli inkosi yaseShineyari, no-Ariyoki inkosi yase-Elasare; amakhosi amane alwa nayisihlanu.

10IsiGodi saseSidimi sasigcwele imigodi yebitume; inkosi yaseSodoma neyaseGomora abaleka, awela kuyo; abaseleyo babalekela entabeni.

11Bathatha yonke impahla yaseSodoma neyaseGomora kanye nakho konke ukudla, bamuka.

12Bamthatha uLoti indodana yomfowabo ka-Abrama owayehlala eSodoma kanye nempahla yakhe, bamuka.

### Ukusiza kuka-Abrama nokukhululwa kukaLoti

13Kepha kweza ophunyukileyo, wamtshela u-Abrama umHeberu, ngokuba wayehlala ngasema-okini kaMamre umAmori, umfowabo ka-Eshikoli nomfowabo ka-Anere; labo babehlangene no-Abrama.

14Nxa u-Abrama esezwile ukuthi umzalwane wakhe uLoti uthunjiwe, wabutha izinceku zakhe ezifundisiweyo ebezizelwe endlini yakhe, ezingamakhulu amathathu neshumi nesishiyagalombili, wabaxosha kwaze kwaba kwaDani.

15Wazahlukanisa ebusuku izinceku zakhe, wabahlasela, wabanqoba, wabaxosha, waze wafika eHoba elingasenyakatho kwaseDamaseku.

16Wabuyisa yonke impahla, wambuyisa noLoti umzalwane wakhe, nempahla yakhe, nabesifazane, nabantu.

### O-Abrama noMelkisedeki

17Emva kokubuya kwakhe ekunqobeni uKedorlawomere namakhosi anaye yaphuma inkosi yaseSodoma, yaya ukumhlangabeza esiGodini saseShave esiyisiGodi seNkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 UMelkisedeki inkosi yaseSalema waletha isinkwa newayini;
wayengumpristi kaNkulunkulu oPhezukonke.

19Wambusisa wathi: U-Abrama makabusiswe nguNkulunkulu oPhezuknke,
umdali wezulu nomhlaba.

20Makabongwe uNkulunkulu oPhezukonke onike izitha zakho esandleni
sakho. U-Abrama wamnika okweshumi kwakho konke.

21Inkosi yaseSodoma yathi ku-Abrama: Ngiphe abantu, uzithathele impahla.

22Kepha u-Abrama wathi enkosini yaseSodoma: Ngiyaphakamisela isandla
sami kuJehova, uNkulunkulu oPhezukonke, umdali wezulu nomhlaba,

23ngithi angiyikuthatha umucwana nomchilo wezicathulo nokunye okwakho
ukuba ungasho ukuthi: Ngimcebisile u-Abrama.

24Kuphela lokho ezikudlile izinceku, nesabelo samadoda ayehamba nami; o-
Anere, no-Eshikoli, noMamre mabathathe isabelo sabo.

## UGenesise 15

### Isivumelwano sikaJehova no-Abrama

1Emva kwalokho kwafika izwi likaJehova ku-Abrama ngombono, lithi:
Ungesabi, Abrama, ngiyisihlangu sakho; umvuzo wakho uyakuba mkhulu
kakhulu.

2Kepha u-Abrama wathi: Nkosi Jehova, uyakungiphani na? Ngihamba
ngingenamntwana; indlalifa yendlu yami ingu-Eliyezeri waseDamaseku.

3U-Abrama wathi futhi: Bheka, awunginikanga nzalo; bheka, inceku yendlu
yami iyakuba yindlalifa yami.

4 Bheka, izwi likaJehova leza kuye, lathi: Lona akayikudla ifa lakho, kepha
oyakuphuma ezibilinini zakho uyakudla ifa lakho.

5Wamphumisela ngaphandle, wathi: Bheka ngasezulwini, ubale izinkanyezi,
uma ungazibala. Wathi kuye: Kuyakuba njalo inzalo yakho.

6 Wakholwa nguJehova; wambalela lokho kwaba ngukulunga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Wayesethi kuye: NginguJehova owakuphumisa e-Uri lamaKaledi ukuba ngikunike leli zwe libe yifa lakho.

8Wathi: Nkosi Jehova, ngiyokwazi ngani ukuthi ngiyakulidla na?

9Wathi kuye: Ngithabathele isithokazi esineminyaka emithathu, nembuzi eyinsikazi eneminyaka emithathu, nenqama eneminyaka emithathu, nehobhe, nephuphu lejuba.

10 Wamthathela zonke lezo, wazinquma phakathi, wabeka kwaba yileyo naleyo nxenye ukuba ibhekane nenye; kepha izinyoni akazinqumanga.

11Amanqe ehlela phezu kwezidumbu; u-Abrama wawaxosha.

12Kwathi ngokushona kwelanga ubuthongo obunzima bamehlela u-Abrama; bheka, washaywa luvalo lobumnyama obukhulu.

13Wathi ku-Abrama: Yazisisa ukuthi inzalo yakho izakuba ngumfokazi ezweni elingesilo elayo, ibe yizigqila, icindezelwe iminyaka engamakhulu amane.

14Kepha leso sizwe eyakuba yizigqila zaso ngiyakusahlulela mina; ngasemuva iyakuphuma inempahla eningi.

15 Kepha wena uyakuya koyihlo ngokuthula, umbelwe usumdala.

16Esizukulwaneni sesine iyakubuyela lapha, ngokuba ububi bama-Amori abukapheleli.

17 Kwathi ngokushona kwelanga kwaba mnyama, bheka, nanto iziko elithunqayo, nelangabi lomlilo ladabula phakathi kwalezo zinxenye.

18Ngalolo suku uJehova wasenza isivumelwano no-Abrama, wathi: Ngiyakunika inzalo yakho leli zwe, kusukela emfuleni waseGibithe kuze kube semfuleni omkhulu, umfula u-Ewufrathe:

19amaKheni, namaKhenizi, namaKadimoni,

20 namaHeti, namaPherizi, namaRefa,

21nama-Amori, namaKhanani, namaGirigashi, namaJebusi.

## UGenesise 16

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### OHagari no-Ishmayeli

1USarayi umka-Abrama wayengamzaleli mntwana; kepha wayenencekukazi yaseGibithe, igama layo linguHagari.

2USarayi wathi ku-Abrama: Bheka-ke, uJehova ungivalile ekuzaleni; mawungene kuyo incekukazi yami; mhlawumbe ngizakwakhelwa ngayo. U-Abrama walalela izwi likaSarayi.

3USarayi, umka-Abrama, wathatha uHagari waseGibithe, incekukazi yakhe, wamnika u-Abrama indoda yakhe abe ngumkakhe, u-Abrama esehlalile iminyaka eyishumi ezweni laseKhanani.

4Wangena kuHagari; wakhulelwa. Esebonile ukuthi ukhulelwe, inkosikazi yakhe yadeleleka emehlweni akhe.

5USarayi wathi ku-Abrama: Okubi okwenziwe kimi akube phezu kwakho. Mina nganikela incekukazi yami esifubeni sakho; kepha nxa isibonile ukuthi ikhulelwe, ngase ngideleleka emehlweni ayo; uJehova makahlulele icala phakathi kwami nawe.

6U-Abrama wathi kuSarayi: Bheka, incekukazi yakho isesandleni sakho; yenza kuyo okufanele emehlweni akho. USarayi wayilaya, yabaleka ebusweni bakhe.

7Ingelosi kaJehova yamfumana ngasemthonjeni wamanzi ehlane, umthombo osendleleni eya eShuri.

8Yathi: Hagari, ncekukazi kaSarayi, uvelaphi na? Uyangaphi na? Wathi: Ngibaleka ebusweni bukaSarayi inkosikazi yami.

9Ingelosi kaJehova yathi kuye: Buyela kuyo inkosikazi yakho, uzithobise phansi kwesandla sayo.

10Ingelosi kaJehova yathi futhi kuye: Ngiyakwandisa kakhulu inzalo yakho, ingabe isabalwa ngobuningi bayo.

11Ingelosi kaJehova yathi kuye: Bheka, usukhulelwe; uyakuzala indodana, uyiqambe igama lokuthi u-Ishmayeli, ngokuba uJehova uzwile ukuhlupheka kwakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Uyakuba ngumuntu onjengembongolo engathanjisiwe, isandla sakhe simelane nabo bonke, nesandla sabo bonke simelane naye, ahlale ngasempumalanga kwabafowabo bonke.

13 Wamqamba uJehova owayekhulume kuye igama lokuthi: Wena unguNkulunkulu Obonayo, ngokuba wathi: Imbala ngimbonile ongibonayo na?

14 Ngalokho umthombo wabizwa ngokuthi iBeri Lahayi Royi; bheka, uphakathi kweKadeshi neBeredi.

15 UHagari wamzalela u-Abrama indodana; u-Abrama waqamba igama lendodana yakhe ayizalayo uHagari ngokuthi u-Ishmayeli.

16 U-Abrama wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nesithupha mhla uHagari emzalela u-Abrama u-Ishmayeli.

## UGenesise 17

### Ukuthenjiswa kuka-Isaka

1 U-Abrama eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye uJehova wabonakala ku-Abrama, wathi kuye: NginguNkulunkulu uSomandla; hamba phambi kwami ungenacala.

2 Ngiyakwenza isivumelwano sami phakathi kwami nawe, ngikwandise kakhulu.

3 U-Abrama wayesewa ngobuso bakhe; uNkulunkulu wakhuluma naye, wathi:

4 Bheka, ngokwami isivumelwano sami sikuwe; uyakuba nguyise wezizwe eziningi.

5 Igama lakho alisayikuthiwa u-Abrama, kepha igama lakho lizakuba ngu-Abrahama, ngokuba ngikwenzile uyise wezizwe eziningi.

6 Ngiyakwandisa kakhulu inzalo yakho, ngikwenze isizwe, kuvele namakhosi kuwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Ngiyakumisa isivumelwano sami phakathi kwami nawe, nenzalo yakho emva kwakho ezizukulwaneni zayo, sibe yisivumelwano esiphakade, ngibe nguNkulunkulu wakho nowenzalo yakho emva kwakho.

8Ngiyakunika wena nenzalo yakho emva kwakho izwe ohlala kulo ungumfokazi, izwe lonke laseKhanani, libe yifa laphakade, ngibe nguNkulunkulu wabo.

**Ukusoka**

9Wayesethi uNkulunkulu ku-Abrahama: Wena-ke usuyakusigcina isivumelwano sami kanye nenzalo yakho emva kwakho ezizukulwaneni zayo.

10 Yilesi isivumelwano sami phakathi kwami nawe nenzalo yakho emva kwakho eniyakusigcina ukuthi bayakusokwa bonke abesilisa bakini.

11Niyakusoka inyama yejwabu lenu, kube luphawu lwesivumelwano phakathi kwami nani.

12Onezinsuku eziyisishiyagalombili phakathi kwenu uyakusokwa, bonke abesilisa ezizukulwaneni zenu, lowo ozelwe endlini nalowo othengwe ngemali kowezizwe, ongesiye owenzalo yakho.

13Makasokwe ozelwe endlini yakho nothengwe ngemali yakho; isivumelwano sami siyakuba senyameni yenu, sibe yisivumelwano esiphakade.

14Owesilisa ongasokiwe, engasokwanga enyameni yejwabu lakhe, lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo, ngokuba waphulile isivumelwano sami.

15UNkulunkulu wathi ku-Abrahama: USarayi umkakho awusayikumbiza ngegama lokuthi uSarayi, kepha igama lakhe alibe nguSara.

16Ngiyakumbusisa, ngikunike indodana ngaye; yebo, ngiyakumbusisa abe yizizwe, kuvele kuye amakhosi abantu.

17 U-Abrahama wayesewa ngobuso bakhe, wahleka, wathi enhliziyweni yakhe: Oneminyaka eyikhulu uyakuzalelwa na? USara oneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye uyakuzala na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Wathi u-Abrahama kuNkulunkulu: Sengathi u-Ishmayeli angaphila phambi kwakho.

19 UNkulunkulu wathi: Qha, uSara umkakho uyakukuzalela indodana; uyakubiza igama layo ngokuthi u-Isaka; ngiyakusimisa isivumelwano sami naye, sibe yisivumelwano esiphakade nenzalo yakhe emva kwakhe.

20 Ngo-Ishmayeli lo ngikuzwile; bheka, ngiyakumbusisa, ngimuphe inzalo, ngimandise kakhulu impela, azale izikhulu eziyishumi nambili, ngimenze isizwe esikhulu.

21 Kepha ngiyakumisa isivumelwano sami no-Isaka azakukuzalela yena uSara ngalesi sikhathi ngomnyaka ozayo.

22UNkulunkulu wayeseqeda ukukhuluma naye, wenyuka emshiya u-Abrahama.

### Ukusokwa kwabantu baka-Abrahama

23U-Abrahama wathatha u-Ishmayeli indodana yakhe, nabo bonke ababezelwe endlini yakhe, nabo bonke ababethengwe ngemali yakhe, bonke abesilisa phakathi kwabantu bendlu ka-Abrahama, wasoka inyama yejwabu labo ngalona lolo suku, njengalokho uNkulunkulu emtshelile.

24U-Abrahama wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye mhla esokwa enyameni yejwabu lakhe.

25U-Ishmayeli indodana yakhe wayeneminyaka eyishumi nantathu mhla esokwa enyameni yejwabu lakhe.

26U-Abrahama nendodana yakhe u-Ishmayeli basokwa ngalusuku lunye.

27Onke amadoda emzini wakhe ayezelwe endlini nayethengwe ngemali kowezizwe asokwa kanye naye.

## UGenesise 18

### UJehova uyahambela u-Abrahama

1UJehova wabonakala kuye ngasema-okini aseMamre, ehlezi emnyango wetende ngesikhathi sokushisa kwemini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Waphakamisa amehlo akhe, wabuka; bheka, amadoda amathathu ayemi phambi kwakhe; wathi ukuba awabone, wasuka emnyango wetende, wagijima ukuwahlangabeza, wakhothama,

3 wathi: Nkosi, uma ngifumene umusa emehlweni akho, mawungadluli encekwini yakho.

4 Makulethwe ingcosana yamanzi, nigeze izinyawo zenu, niphumule phansi komuthi.

5 Ngizakulanda ucezu lwesikwa, nithokozise izinhliziyo zenu, andukuba nidlule, njengokuba senifikile encekwini yenu. Athi: Yenza njengokusho kwakho.

6 U-Abrahama waphuthuma etendeni kuSara, wathi: Sheshisa, uthathe amaseya amathathu empuphu ecolekileyo, uyixove, wenze amaqebelengwane.

7 U-Abrahama wagijima, waya ezinkomeni, walanda ithole elihle nelinonileyo, walinika encekwini; yashesha ukulilungisa.

8 Wathatha amangqanga, nobisi, nethole abelilungisile, wakubeka phambi kwawo; wema ngakuwo phansi komuthi; adla.

9 Athi kuye: Uphi uSara umkakho na? Wathi: Nangu etendeni.

10 Wayesethi: Impela ngiyakubuyela kuwe emva komnyaka ngalesi sikhathi; bheka, khona umkakho uSara uyakuba nendodana. USara wakuzwa lokhu esemnyango wetende ongasemva kwakhe.

11 Kepha o-Abrahama noSara base begugile, beneminyaka eminingi; kwase kuphelile kuSara okwabesifazane.

12 USara wahleka phakathi kwakhe, wathi: Lapho sengimdala, nenkosi yami igugile, ngiyakuba nalenjabulo na?

13 UJehova wathi ku-Abrahama: Uhlekeleni uSara, ethi: Imbala ngizakuzala ngimdala na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14 Kukhona into emahlula uJehova na? Ngalesi sikhathi emva komnyaka ngiyakubuyela kuwe, uSara abe nendodana.

15USara waphika wathi: Angihlekanga, ngokuba wesaba. Kepha wathi: Qha, uhlekile.

**Ukumenyezelwa kokuchithwa kweSodoma nokulikhulekela kuka-Abrahama**

16Amadoda asuka lapho, abheka ngaseSodoma; u-Abrahama wahamba nawo ewaphelekezela.

17 UJehova wathi: Ngingamfihlela u-Abrahama lokho engizakukwenza na?

18 U-Abrahama uyakuba yisizwe esikhulu, esinamandla; ziyakubusiswa kuyena izizwe zonke zomhlaba.

19Ngokuba ngimkhethele ukuba ayale abantwana bakhe nendlu yakhe emva kwakhe ukugcina indlela kaJehova nokusebenza ukulunga nokwahlulela, ukuze uJehova amenzele u-Abrahama lokho amthembise khona.

20 UJehova wathi: Isikhalo saseSodoma nesaseGomora sikhulu, nezono zabo zinzima impela.

21Ngalokho ngiyakwehla, ngibone ukuba benzile impela konke njengokwesikhalo esesifikile kimi; uma kungenjalo, ngiyakukwazi.

22Ayesefulathela lapho amadoda, aya ngaseSodoma, kepha u-Abrahama wayesemi ebusweni bukaJehova.

23U-Abrahama wasondela, wathi: Uyakubhubhisa olungileyo kanye nomubi na?

24Mhlawumbe kukhona abalungileyo abangamashumi ayisihlanu phakathi komuzi; imbala uyakuyibhubhisa, ungayiyeki indawo ngenxa yabalungileyo abangamashumi ayisihlanu abakuyo na?

25Makube kude nawe ukwenza ngale ndlela, ukubulala olungileyo kanye nomubi, olungileyo abe njengomubi; lokhu makube kude nawe; umahluleli womhlaba wonke ubengayikwenza ukulunga na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

26 UJehova wathi: Uma ngifumana eSodoma abalungileyo abangamashumi ayisihlanu phakathi komuzi, ngiyakuyekela indawo yonke ngenxa yabo.

27 Kepha u-Abrahama waphendula wathi: Bheka, sengiqalile ukukhuluma eNkosini, mina engiluthuli nomlotha.

28 Mhlawumbe kuyakusweleka abayisihlanu kubo abalungileyo abangamashumi ayisihlanu; ubuyakubhubhisa wonke umuzi ngenxa yalabo abayisihlanu na? Wathi: Angiyikuwubhubhisa, uma ngifumana khona abangamashumi amane nanhlanu.

29 Kepha wabuye wakhuluma kuye, wathi: Mhlawumbe kungafunyaniswa khona abangamashumi amane. Wathi: Angiyikukwenza ngenxa yabangamashumi amane.

30 Wayesethi: Mayingathukutheli iNkosi ukuthi ngisakhuluma. Mhlawumbe kungafunyaniswa khona abangamashumi amathathu. Wathi: Angiyikukwenza, uma ngifumana abangamashumi amathathu lapho.

31 Kepha wathi: Bheka, ngiqalile ukukhuluma neNkosi. Mhlawumbe kungatholakala abangamashumi amabili khona. Wathi: Angiyikuwubhubhisa ngenxa yabangamashumi amabili.

32 Wayesethi: Mayingathukutheli iNkosi ukuthi ngisakhuluma kanye nje. Mhlawumbe kungafunyanwa abayishumi khona. Wathi: Angiyikuwubhubhisa ngenxa yalabo abayishumi.

33 UJehova wasuka, nxa eseqedile ukukhuluma no-Abrahama; u-Abrahama wabuyela endaweni yakhe.

## UGenesise 19

### Ukuchithwa kweSodoma

1 Izingelosi zombili zafika eSodoma sekuhlwile; uLoti wayehlezi esangweni laseSodoma; uLoti ezibona wasukuma wazihlangabeza; wakhothamela emhlabathini ngobuso,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

2 wathi: Bhekani, makhosi, ake niphambuke, ningene endlini yenceku yenu, nihlale ubusuku, nigeze izinyawo zenu andukuba nivuke ekuseni kusasa, nihambe indlela yenu. Zathi: Qha, siyakuhlala phandle.

3 Kepha wazincenga kakhulu, zaze zaphambukela kuye, zangena endlini yakhe; wazilungisela idili, wenza isinkwa esingenamvubelo, zadla.

4 Zingakalali, amadoda omuzi, amadoda aseSodoma, azungeza indlu, amasha namadala, abantu bonke bephelele.

5 Bambiza uLoti, bathi kuye: Aphi lawa madoda angenise kuwe ebusuku na? Sikhiphele wona ukuba siwazi.

6 ULoti waphumela kubo ngasemnyango, wavala umnyango emva kwakhe.

7 Wathi: Bafowethu, ningoni.

8 Bhekani, nginamadodakazi amabili angayazi ndoda; ake nginiphumisele wona, nenze kuwo njengokufanele emehlweni enu; kepha kulawa madoda ningenzi lutho, ngokuba angene emthunzini wophahla lwami.

9 Bathi: Suka lapha! Bathi futhi: Lo muntu oyedwa wafika ukuba agogobale; usefuna ukwahlulela; manje siyakukuhlupha wena kunabo. Bamcindezela kakhulu lo muntu uLoti, basondela ukuba bafohloze umnyango.

10 Khona amadoda azelula izandla, ambuyisela uLoti endlini, avala umnyango.

11 Amadoda ayephandle kwendlu awashaya ngobumpumputhe, amancane namakhulu, aze akhathala ukufuna umnyango.

12 Ayesethi amadoda kuLoti: Unobani futhi lapha na? Umkhwenyana, namadodana akho, namadodakazi akho, nabo bonke onabo emzini baphumise kule ndawo,

13 ngokuba siyakuyichitha le ndawo, lokhu isikhalo sabo sesisikhulu ebusweni bukaJehova; uJehova usithumile ukuba siyichithe.

14 Wayesephuma uLoti, wakhuluma nabakhwenyana bakhe ababeyakuthatha amadodakazi akhe, wathi: Sukani niphume kule ndawo, ngokuba uJehova

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

uyakuchitha umuzi. Kepha wayenjengontelayo emehlweni abakhwenyana bakhe.

15Kusantwela izingelosi zamsheshisa uLoti, zathi: Vuka uthathe umkakho, namadodakazi akho omabili onawo, funa ubhujiswe ngenxa yobubi bomuzi.

16 Esalibala, amadoda abamba isandla sakhe, nesandla somkakhe, nesandla samadodakazi akhe omabili, uJehova enomusa kuye; amphumisa, ambeka ngaphandle komuzi.

17Kwathi esebaphumisile ngaphandle, wathi: Baleka, usinde; ungabheki emva kwakho, ungemi ndawo ethafeni lonke; balekela entabeni, funa ubhujiswe.

18Kepha uLoti wathi kuwo: Nkosi, makungabi njalo.

19Bheka, inceku yakho ifumene umusa emehlweni akho, ungenzele ububele obukhulu ngokusindisa ukuphila kwami; kepha mina angikwazi ukubalekela entabeni, funa ububi bungifice, ngife.

20Bheka-ke, lowo muzi useduze ukuba ngibalekele kuwo, futhi mncane; ake ngibalekele khona angithi mncane ukuba umphefumulo wami uphile.

21Wathi kuye: Bheka, nakule nto ngiyakukuvumela; angiyikuwuchitha lo muzi okhuluma ngawo.

22 Kepha shesha ubalekele khona, ngokuba ngingenze lutho, ungakafiki khona. Ngalokho umuzi wabizwa ngokuthi iSowari.

**UmkaLoti namadodakazi akhe**

23Ilanga laphumela emhlabeni, uLoti esangena eSowari.

24 Khona uJehova wanisa phezu kweSodoma naphezu kweGomora isibabule nomlilo, kuvela kuJehova ezulwini.

25Wachitha leyo mizi nethafa lonke, nabo bonke abakhe emizini, nalokho okuhlumayo emhlabathini.

26 Kepha umkakhe wabheka emva kwakhe, waba yinsika kasawoti.

27U-Abrahama wavuka ekuseni, waya endaweni lapho akade emi khona ebusweni bukaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[28]Wabheka ngaseSodoma naseGomora nasezweni lonke lethafa, wabona, bheka, isisi sezwe senyuka njengomusi weziko.

[29]Kwathi lapho uNkulunkulu ebhubhisa imizi yasethafeni, uNkulunkulu wakhumbula u-Abrahama, waphumisa uLoti ekuchithekeni mhla ebhubhisa imizi ayehlezi kuyo uLoti.

[30]ULoti wakhuphuka eSowari, waya wahlala entabeni kanye namadodakazi akhe omabili, ngokuba wesaba ukuhlala eSowari; wahlala emhumeni namadodakazi akhe amabili.

[31]Enkulu yayisithi kwencane: Ubaba usemdala; akukho ndoda ezweni engangena kithi njengokwenza komhlaba wonke.

[32]Woza simphuzise ubaba iwayini, silale naye ukuba sizizuzele inzalo kubaba.

[33]Ngalobo busuku ayesemphuzisa uyise iwayini; enkulu yangena yalala noyise, engazi ukulala kwayo nokuvuka kwayo.

[34]Kwathi ngangomuso enkulu yathi kwencane: Bheka, bengilele nobaba izolo; asimphuzise iwayini nangalobu busuku, ungene wena, ulale naye ukuba sizizuzele inzalo kubaba.

[35]Ayesemphuzisa uyise iwayini nangalobo busuku; encane yasuka yalala naye, engazi ukulala kwayo nokuvuka kwayo.

[36]Kanjalo amadodakazi kaLoti omabili akhuleliswa nguyise.

[37]Enkulu yazala indodana, yaqamba igama layo ngokuthi uMowabi; lowo unguyise wabakwaMowabi kuze kube namuhla.

[38]Encane yazala indodana nayo, yaqamba igama layo ngokuthi uBenami; lowo unguyise wabantwana bakwa-Amoni kuze kube namuhla.

## UGenesise 20

### U-Abrahama nomkakhe beseGerari

[1]U-Abrahama wayesesuka lapho, waya ngasezweni laseningizimu, wakha phakathi kweKadeshi neShuri; wagogobala eGerari.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 U-Abrahama wathi ngoSara umkakhe: Ungudadewethu. Khona u-Abimeleki inkosi yaseGerari wathuma wamthatha uSara.

3Kepha uNkulunkulu weza ku-Abimeleki ngephupho ebusuku, wathi kuye: Bheka, uyafa ngenxa yowesifazane omthathileyo; uganile endodeni.

4Kepha u-Abimeleki wayengakasondeli kuye; wathi: Nkosi, uyakubhubhisa nesizwe esilungileyo na?

5Akashongo kimi ukuthi: Ungudadewethu, na? Naye uqobo wathi: Ungumnewethu. Ngobuqotho benhliziyo yami nangobumhlophe bezandla zami ngikwenzile lokhu.

6Wayesethi uNkulunkulu kuye ephusheni: Nami ngiyazi ukuthi ukwenze lokhu ngobuqotho benhliziyo yakho; futhi ngakuvimba ukuba ungoni kimi; ngalokho angikuvumelanga ukuba umthinte.

7 Kepha manje wena, buyisa umfazi wendoda, ngokuba ingumprofethi; iyakukukhulekela ukuba uphile; uma ungambuyiseli, yazi ukuthi uyakufa nokufa, wena nabo bonke abakho.

8U-Abimeleki wavuka ekuseni, wabiza izinceku zakhe zonke, wakhuluma onke lawa mazwi ezindlebeni zazo; amadoda esaba kakhulu.

9U-Abimeleki wayesembiza u-Abrahama, wathi kuye: Wenzeni kithi na? Ngoneni kuwe ukuba ungilethele mina nombuso wami icala elingaka na? Wenze kimi okungafanele ukwenziwa.

10U-Abimeleki wathi ku-Abrahama: Wabonani ukuba wenze lokhu na?

11U-Abrahama wathi: Ngokuba bengithi: Impela ukumesaba uNkulunkulu akukho kule ndawo; bayakungibulala ngenxa yomkami.

12Futhi impela ungudadewethu, indodakazi kababa, kepha akasiyo indodakazi kamame, waba ngumkami.

13Kwathi mhla uNkulunkulu engiphumisa endlini kababa, ngathi kuye: Yilo umusa ozakungenzela wona: ezindaweni zonke esiyakufika kuzo, yisho ngami ukuthi: Ungumnewethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

14U-Abimeleki wayesethatha izimvu, nezinkabi, nezinceku, nezincekukazi, wazipha u-Abrahama, wambuyisela uSara umkakhe.

15Wathi u-Abimeleki: Bheka, izwe lami lisebusweni bakho; yakha lapho uthanda khona.

16Wathi kuSara: Bheka, ngimnikile umnewenu amashekeli ayinkulungwane esiliva; bheka, lokhu kuyisisibekelo secala phambi kwamehlo abo bonke abanawe; kukho konke usulungisiwe.

17U-Abrahama wakhuleka kuNkulunkulu. UNkulunkulu wamphulukisa u-Abimeleki nomkakhe nezincekukazi zakhe, baze bazala.

18Ngokuba uJehova wayevalile nokuvala zonke izizalo zabendlu ka-Abimeleki ngenxa kaSara umka-Abrahama.

## UGenesise 21

### Ukuzalwa kuka-Isaka

1 UJehova wamhambela uSara njengokusho kwakhe; UJehova wenza kuSara njengalokho ekhulumile.

2USara wakhulelwa, wamzalela u-Abrahama indodana esemdala kuleyo nkathi uNkulunkulu abeyishilo kuye.

3U-Abrahama waqamba igama lendodana yakhe azalelwe yona, ayizalelwe nguSara, ngokuthi u-Isaka.

4 U-Abrahama wayisoka indodana yakhe u-Isaka isinezinsuku eziyisishiyagalombili, njengalokho uNkulunkulu emyalile.

5U-Abrahama wayeneminyaka eyikhulu, lapho ezalelwa u-Isaka indodana yakhe.

6USara wathi: UNkulunkulu ungenzile ukuba ngihlekeke; bonke abakuzwayo bayakungihleka.

7Wathi futhi: Ngubani obengasho ku-Abrahama ukuthi uSara ubeyakuncelisa abantwana na? Ngokuba sengimzalele indodana esemdala.

### O-Ishmayeli noHagari besehlane

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Umntwana wakhula, walunyulwa; u-Abrahama wenza idili elikhulu mhla u-
Isaka elunyulwa.

9 USara wabona indodana kaHagari owaseGibithe ayizalele u-Abrahama
idlalisa.

10 Wathi ku-Abrahama: Sixoshe lesi sigqilakazi nendodana yaso, ngokuba
indodana yalesi sigqilakazi ayiyikudla ifa kanye nendodana yami u-Isaka.

11 Leli zwi lalilibi kakhulu emehlweni ka-Abrahama ngenxa yendodana yakhe.

12 UNkulunkulu wathi ku-Abrahama: Akungabi lukhuni emehlweni akho
ngenxa yomfana nangenxa yesigqilakazi sakho; kukho konke uSara akusho
kuwe, lalela izwi lakhe, ngokuba inzalo yakho iyakubizwa ngo-Isaka.

13 Nayo indodana yesigqilakazi ngiyakuyenza isizwe, ngokuba iyinzalo
yakho.

14 U-Abrahama wavuka ekuseni, wathatha isinkwa nemvaba yamanzi,
wakunika uHagari ekubeka ehlombe lakhe kanye nomntwana, wammukisa;
wahamba, wazulazula ehlane laseBeri Sheba.

15 Amanzi esephelile emvabeni, waphonsa umntwana phansi kwesihlahla.

16 Waya wahlala phansi kukhashana phambi kwakhe, kungathi ibanga
lokuphonsa umcibisholo, ngokuba wathi: Ngingebone ukufa komntwana.
Wahlala phambi kwakhe, waphakamisa izwi lakhe, wakhala.

17 UNkulunkulu wezwa izwi lomfana. Ingelosi kaNkulunkulu yamemeza
kuHagari isezulwini, yathi kuye: Kuyini, Hagari? Ungesabi, ngokuba
uNkulunkulu ulizwile izwi lomntwana, lapho ekhona.

18 Vuka uphakamise umfana, umbambe ngesandla sakho, ngokuba
ngiyakumenza isizwe esikhulu.

19 UNkulunkulu wavula amehlo akhe, wabona umthombo wamanzi, waya,
wagcwalisa imvaba ngamanzi, wamphuzisa umfana.

20 UNkulunkulu wayenaye umfana; wakhula, wahlala ehlane, waba ngophethe
umnsalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Wahlala ehlane lasePharanu; unina wamthathela umfazi ezweni laseGibithe.

### Isivumelwano sika-Abrahama no-Abimeleki

22 Kwathi ngaleso sikhathi u-Abimeleki noPikoli, induna yempi yakhe, bakhuluma ku-Abrahama, bathi: UNkulunkulu unawe kukho konke okwenzayo.

23Ngalokho ngithembise lapha ngokufunga uNkulunkulu ukuthi awuyikungikhohlisa mina nendodana yami nomzukulwana wami; kepha ngokomusa engiwenzile kuwe, mawuwenze nakimi nakulo izwe osugogobele kulo.

24U-Abrahama wathi: Ngizakufunga.

25Kepha u-Abrahama wamsola u-Abimeleki ngomthombo wamanzi ebeziwuqhwagile izinceku zika-Abimeleki.

26Kepha u-Abimeleki wathi: Angazi ukuthi kwenziwe ngubani lokhu; nawe awungitshelanga, nami angikuzwanga kuze kube namuhla.

27U-Abrahama wayesethatha izimvu nezinkabi, wazipha u-Abimeleki; labo bobabili benza isivumelwano.

28U-Abrahama wabeka izimvukazana eziyisikhombisa zomhlambi ngokwazo.

29U-Abimeleki wathi ku-Abrahama: Lezi zimvukazana eziyisikhombisa ozibeke zodwa ziyini na?

30Wathi: Lezi zimvukazana eziyisikhombisa uyakuzithatha esandleni sami, zibe ngubufakazi bokuthi ngiwumbile lomthombo.

31Ngalokho waqamba leyo ndawo ngokuthi iBeri Sheba, ngokuba bafunga khona bobabili.

32Base benza isivumelwano eBeri Sheba; u-Abimeleki wasukuma noPikoli induna yempi yakhe, babuyela ezweni lamaFilisti.

33U-Abrahama watshala umtamariske ngaseBeri Sheba, wakhuleka khona egameni likaJehova uNkulunkulu Ongunaphakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

34U-Abrahama wagogobala ezweni lamaFilisti izinsuku eziningi.

## UGenesise 22

### Ukuyalezwa kuka-Abrahama kokunikela ngo-Isaka

1 Kwathi emva kwalezo zinto uNkulunkulu wamvinvinya u-Abrahama, wathi
kuye: Abrahama! Yena wathi: Ngilapha.

2Wayesethi: Thatha manje indodana yakho eyodwa oyithandayo, u-Isaka, uye
ezweni laseMoriya, unikele khona ngaye abe ngumnikelo wokushiswa
entabeni ethile engizakukutshela yona.

3U-Abrahama wavuka ekuseni, wabophela imbongolo yakhe, wathatha
ezimbili ezincekwini zakhe, no-Isaka indodana yakhe; wacanda izinkuni
zomnikelo obuzakushiswa, wasuka waya endaweni uNkulunkulu abemtshele
yona.

4Ngosuku lwesithathu u-Abrahama waphakamisa amehlo akhe, wayibona
indawo isekude.

5U-Abrahama wathi ezincekwini zakhe: Hlalani lapha nembongolo; mina
nomfana sisaya laphaya, sikhuleke, sibuye size kini.

6U-Abrahama wathatha izinkuni zomnikelo obuzakushiswa, wazibeka phezu
kuka-Isaka indodana yakhe, waphatha esandleni sakhe umlilo nomese;
bahamba bobabili kanyekanye.

7U-Isaka wathi ku-Abrahama uyise: Baba. Wathi yena: Ngilapha, ndodana
yami. Wayesethi: Bheka, nanku umlilo nezinkuni, kepha iphi imvu yomnikelo
ezakushiswa na?

8U-Abrahama wathi: UNkulunkulu uzakuzibonela imvu yomnikelo
ezakushiswa, ndodana yami, bahamba bobabili kanyekanye.

9Bafika endaweni uNkulunkulu abemtshele yona; u-Abrahama wakha khona
i-altare, walungisa izinkuni, wambopha u-Isaka indodana yakhe, wambeka e-
altare phezu kwezinkuni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[10]U-Abrahama waselula isandla sakhe, wathatha umese ukuba ahlabe indodana yakhe.

[11]Kwase kumemeza kuye ingelosi kaJehova isezulwini, ithi: Abrahama, Abrahama! Yena wathi: Ngilapha.

[12] Yayisithi: Ungabeki isandla sakho kumfana, ungenzi lutho kuye, ngokuba ngiyazi manje ukuthi uyamesaba uNkulunkulu, lokhu ungagodlanga kimi nandodana eyodwa yakho.

[13]U-Abrahama waphakamisa amehlo akhe, wabona; bheka, ngemuva yinqama, ibhajiwe esihlahleni ngezimpondo zayo; u-Abrahama waya wayithatha inqama, wanikela ngayo umnikelo wokushiswa esikhundleni sendodana yakhe.

[14]U-Abrahama waqamba igama laleyo ndawo ngokuthi uJehova uyabonelela, njengalokhu kuthiwa nanamuhla: Entabeni kaJehova kuyakubonelelwa.

[15]Ingelosi kaJehova yayisimemeza ku-Abrahama ngokwesibili isezulwini,

[16] ithi: Ngizifungile, usho uJehova, ukuthi njengokuba ukwenzile lokhu, ungagodlanga indodana yakho eyodwa,

[17] ngiyakukubusisa nokukubusisa, ngandise nokwandisa inzalo yakho, ibe ngangezinkanyezi zezulu nangangesihlabathi sasogwini lolwandle, inzalo yakho inqobe isango lezitha zayo,

[18] nangenzalo yakho ziyakubusiswa izizwe zonke zomhlaba, ngokuba ulalele izwi lami.

[19]U-Abrahama wayesebuyela ezincekwini zakhe; basuka, baya eBeri Sheba; u-Abrahama wakha eBeri Sheba.

### Inzalo kaNahori

[20] Kwathi emva kwalokho kwabikwa ku-Abrahama ukuthi: Bheka, naye uMilka umzalele uNahori umfowenu abantwana:

[21]Ngu-Use izibulo lakhe, noBusi umfowabo, noKemuweli uyise ka-Aramu,

[22]noKesede, noHazo, noPilidashe, noJidilafe, noBetuweli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23uBetuweli wazala uRebeka; laba abayisishiyagalombili uMilka wabazalela uNahori umfowabo ka-Abrahama.

24Nesancinza sakhe esigama laso lalinguRewuma sazala oTheba, noGahamu, noTahashi, noMahakha.

## UGenesise 23

### Ukufa kukaSara

1Ukuhamba kukaSara kwaba yiminyaka eyikhulu namashumi amabili nesikhombisa; yileyo iminyaka yokuhamba kukaSara.

2USara wafela eKiriyati Araba okuyiHebroni ezweni laseKhanani; u-Abrahama wafika ukumlilela uSara nokumkhalela.

### U-Abrahama uthenga ithuna

3U-Abrahama wasuka kofileyo wakhe, wakhuluma nabantwana bakwaHeti, wathi:

4 Ngingumfokazi nozulane phakathi kwenu; ngipheni indawo yethuna phakathi kwenu ukuba ngimmbele ofileyo wami, angabikho ebusweni bami.

5Abantwana bakwaHeti baphendula u-Abrahama, bathi kuye:

6 Sizwe, nkosi; wena uyisikhulu sikaNkulunkulu phakathi kwethu; mmbele ofileyo wakho kwelihle kuwo onke amathuna ethu; akakho phakathi kwethu ozakugodlela wena ithuna lakhe ukuba ummbele ofileyo wakho.

7U-Abrahama wayesesukuma, wakhothamela abantu balelo zwe, abantwana bakwaHeti,

8wakhuluma nabo, wathi: Uma kuyintando yenu ukuba ngimmbele ofileyo wami, angabikho ebusweni bami, ngizweni, ninginxusele ku-Efroni indodana kaSowari

9ukuba angiphe umhume waseMakaphela anawo emkhawulweni wensimu yakhe, awunike kimi ngemali efanele wona, ube yindawo yokumbela phakathi kwenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[10]U-Efroni wayehlezi phakathi kwabantwana bakwaHeti: u-Efroni umHeti wamphendula u-Abrahama ezindlebeni zabantwana bakwaHeti phambi kwabo bonke abangena esangweni lomuzi wakhe, wathi:

[11] Cha, nkosi; ngilalele: ngiyakunika le nsimu, nomhume okuyo ngikunika wona; ebusweni bamadodana abantu bami ngikunika wona; mmbele lapho ofileyo wakho.

[12]U-Abrahama wakhothamela ebusweni babantu balelo zwe.

[13]Wakhuluma ku-Efroni ezindlebeni zabantu balelo zwe, wathi: Ake ungilalele: ngizakukunika imali yensimu; yamukele kimi, ngimmbele khona ofileyo wami.

[14]U-Efroni wamphendula u-Abrahama, wathi kuye:

[15] Nkosi yami, ngilalele: izwe elilingene namashekeli angamakhulu amane esiliva liyini phakathi kwami nawe na? Mmbele ofileyo wakho.

[16]U-Abrahama wamuzwa u-Efroni; u-Abrahama wamlinganisela u-Efroni isiliva abelishilo ezindlebeni zabantwana bakwaHeti, amashekeli angamakhulu amane esiliva, avunywa ngabathengisi.

[17]Kanjalo insimu ka-Efroni yaseMakaphela elingaphambi kweMamre, insimu nomhume okuyo, nemithi yonke esensimini nxazonke kuze kube semikhawulweni yonke

[18]kwaba yinzuzo ka-Abrahama emehlweni abantwana bakwaHeti phambi kwabo bonke abangena esangweni lomuzi wakhe.

[19]Emva kwalokho u-Abrahama wammbela uSara umkakhe emhumeni wasensimini yaseMakaphela phambi kweMamre okuyiHebroni ezweni laseKhanani.

[20]Insimu nomhume okuyo kwase kunqunyelwa u-Abrahama ngabantwana bakwaHeti, kube yindawo yethuna.

## UGenesise 24

### U-Isaka uganwa nguRebeka

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1U-Abrahama wayesemdala, eseneminyaka eminingi; uJehova wayembusisile
u-Abrahama kukho konke.

2 Wayesethi u-Abrahama encekwini enkulu yendlu yakhe eyayibusa konke
anakho: Beka isandla sakho phansi kwethanga lami.

3Ngizakukufungisa uJehova, uNkulunkulu wezulu noNkulunkulu womhlaba,
ukuthi awuyikuthathela indodana yami umfazi emadodakazini amaKhanani
engihlezi phakathi kwawo,

4kepha uye ezweni lakithi nasezihlotsheni zami, uyithathele khona indodana
yami u-Isaka umfazi.

5Inceku yathi kuyo: Mhlawumbe owesifazane akayikuvuma ukungilandela,
eze kuleli zwe; imbala ngiyakuyibuyisela indodana yakho ezweni, lapho
wavela khona na?

6U-Abrahama wathi kuye: Qaphela ukuba ungayibuyiseli khona indodana
yami.

7 UJehova uNkulunkulu wezulu owangikhipha endlini kababa nasezweni
lokuzalwa kwami wakhuluma kimi, wafunga kimi, wathi: Ngiyakulinika
inzalo yakho leli zwe; uzakuthuma ingelosi yakhe phambi kwakho, ukuze
ungitholele khona indodana yami umfazi.

8Kepha uma owesifazane engathandi ukukulandela, uyobe ukhululekile kulesi
sifungo sami; kodwa ungabuyiseli khona indodana yami.

9Inceku yayisibeka isandla sayo phansi kwethanga lika-Abrahama inkosi
yayo, yafunga kuye ngale ndaba.

10 Inceku yayisithatha amakamela ayishumi emakameleni enkosi yayo,
yahamba, izinto zonke ezinhle zenkosi yayo zisesandleni sayo; yasuka, yaya
eMesopotamiya emzini kaNahori.

11Yaguqisa amakamela ayo ngaphandle komuzi ngasemthonjeni wamanzi
kusihlwa, ngesikhathi abaphuma ngaso abesifazane ukuyokukha amanzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

12Yathi: Jehova, Nkulunkulu wenkosi yami u-Abrahama, ngiphumelelise kahle namuhla, uyenzele inkosi yami u-Abrahama umusa.

13Bheka, sengimi ngasemthonjeni wamanzi, amadodakazi abantu bomuzi eza ukukha amanzi.

14Makuthi intombazana engizakusho kuyo ukuthi: Mawubeke phansi imbiza yakho, ngiphuze, ithi: Phuza, ngizakuphuzisa namakamela akho, ibe yileyo-ke oyimisele inceku yakho u-Isaka; ngalokho ngizakwazi ukuthi wenzele inkosi yami umusa.

15 Kwathi ingakaqedi ukukhuluma, bheka, kweza uRebeka owazalelwa uBetuweli indodana kaMilka, umkaNahori, umfowabo ka-Abrahama, enembiza yakhe ehlombe.

16Intombazana yayibukeka kahle, iyintombi, engaziwa yindoda; yehlela ngasemthonjeni, yagcwalisa imbiza yayo, ibisenyuka.

17Inceku yayisigijima ukuyihlangabeza, yathi: Ake ungiphuzise ingcosana yamanzi embizeni yakho.

18Yathi: Phuza, nkosi, yashesha yehlisa imbiza yayo esandleni sayo, yayiphuzisa.

19Kwathi isiqedile ukuyiphuzisa, yathi: Ngiyakukhelela namakamela akho, aze aphuze onke.

20Yashesha yathululela imbiza yayo emqengqeni, yabuye yaphuthuma emthonjeni ukuyokukha, yakhelela onke amakamela ayo.

21Indoda yayibhekisisa ithule ukuba yazi, uma uJehova ebephumelelisile indlela yayo noma qha.

22Kwathi amakamela eseqedile ukuphuza, indoda yathatha icici legolide, isisindo salo siyinxenye yeshekeli, namasongo amabili ezandla zayo, isisindo sawo singamashekeli ayishumi egolide, yathi:

23 Wena uyindodakazi kabani na? Ake ungitshele. Kukhona indawo endlini kayihlo ukuba silale na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Yathi kuyo: Indodakazi kaBetuweli indodana kaMilka, amzalela yona uNahori.

25Yaqhubeka yathi kuyo: Sinotshani nefoliji eliningi, nendawo yokulala.

26Indoda yayisikhothama, yakhuleka kuJehova,

27yathi: Makabongwe uJehova, uNkulunkulu wenkosi yami u-Abrahama, ongayekile ukwenzela inkosi yami umusa neqiniso; uJehova ungiholile mina endleleni kuze kube sendlini yabafowabo benkosi yami.

28Kepha intombazana yagijima, yatshela abendlu kanina lezo zinto.

29URebeka wayenomnewabo ogama lakhe linguLabani; uLabani wagijimela endle kulowo muntu ngasemthonjeni.

30Kwathi esebone icici namasongo ezandleni zikadadewabo, wezwa amazwi kaRebeka udadewabo, ethi: Washo njalo lo muntu kimi, waya kulowo muntu; bheka, wayemi ngakuwo amakamela ngasemthonjeni.

31Wathi: Ngena wena obusisekileyo kaJehova; umelani ngaphandle na? Mina sengilungisile indlu nendawo yamakamela.

32Wayesengena endlini lowo muntu, wakhumula amakamela, wapha amakamela utshani nefoliji, waletha namanzi okugeza izinyawo zakhe nezinyawo zamadoda anaye.

33Kwabekwa phambi kwakhe ukudla ukuba adle, kepha wathi: Angiyikudla ngingakakhulumi indaba yami. Wathi: Khuluma.

34Wayesethi: Ngiyinceku ka-Abrahama.

35UJehova ubusisile kakhulu inkosi yami, yaze yaba nkulu; uyinike izimvu, nezinkomo, nesiliva, negolide, nezinceku, nezincekukazi, namakamela, nezimbongolo.

36USara umkankosi yami wayizalela inkosi yami indodana esemdala; kuyona inikele konke enakho.

37Inkosi yami yangifungisa yathi: Ungathatheli indodana yami umfazi emadodakazini amaKhanani engihlezi ezweni lawo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

38kepha uye endlini kababa nasezihlotsheni zami, uyithathele khona
indodana yami umfazi.

39 Ngase ngithi enkosini yami: Mhlawumbe owesifazane akayikungilandela.

40 Wathi kimi: UJehova, engihambe ebusweni bakhe, uzakuthuma ingelosi
yakhe nawe, aphumelelise indlela yakho; uyakuyithathela indodana yami
umfazi ezihlotsheni zami nasendlini kababa.

41Lapho uyobe ukhululekile esifungweni sami, nxa ufika ezihlotsheni zami;
noma bengamniki kuwe, uyobe usukhululekile esifungweni sami.

42 Ngase ngifika emthonjeni namuhla, ngithi: Jehova Nkulunkulu wenkosi
yami u-Abrahama, uma uphumelelisa indlela yami engiyihambayo,

43bheka, sengimi ngasemthonjeni wamanzi; kuyakuthi intombazana eza
ukuyokukha, engisho kuyo ukuthi: Ake ungiphuzise ingcosana yamanzi
embizeni yakho,

44ithi kimi: Phuza wena, futhi ngizakuwakhelela namakamela akho, kube
yiyo engumfazi uJehova ammiseleyo indodana yenkosi yami.

45 Ngingakaqedi ukukhuluma enhliziyweni yami, bheka, kweza uRebeka
enembiza yakhe ehlombe; wehlela emthonjeni, wakha; ngathi kuye: Ake
ungiphuzise.

46 Washesha wehlisa imbiza yakhe ehlombe, wathi: Phuza; ngizakuwaphuzisa
namakamela akho; ngaphuza-ke; namakamela wawaphuzisa.

47 Ngambuza ngathi: Wena uyindodakazi kabani na? Wathi: Indodakazi
kaBetuweli indodana kaNahori, amzalela yona uMilka; ngase ngifaka icici
emakhaleni akhe namasongo ezandleni zakhe.

48Ngakhothama, ngakhuleka kuJehova, ngabonga uJehova, uNkulunkulu
wenkosi yami u-Abrahama, obengihole endleleni elungileyo ukuba
ngithathele indodana yayo indodakazi yomfowabo wenkosi yami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

49Manje-ke uma nithanda ukuyenzela inkosi yami umusa neqiniso,
ngitsheleni; uma kungenjalo, ngitsheleni, ukuze ngiphendukele
ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo.

50Base bephendula oLabani noBetuweli, bethi: Le ndaba ivela kuJehova;
asinakusho lutho kuwe, noma okubi noma okuhle.

51Bheka, uRebeka usebusweni bakho; mthathe, uhambe, abe ngumkandodana
yenkosi yakho, njengalokho wakhuluma uJehova.

52Yathi ukuzwa amazwi abo, inceku ka-Abrahama yakhothama emhlabathini
phambi kukaJehova.

53Inceku yakhipha izinto zesiliva nezinto zegolide kanye nezingubo, yazipha
uRebeka; yabanika nomnewabo nonina amagugu.

54Base bedla bephuza, yona nabantu eyayinabo, balala; sebevuke ekuseni,
yathi: Ngithumeni enkosini yami.

55Umnewabo nonina bathi: Ake ihlale kithina intombazana izinsukwana,
mhlawumbe eziyishumi, andukuba ihambe.

56Yathi kubo: Ningangilibazisi, njengokuba uJehova eyiphumelelisile indlela
yami; ngimukiseni ukuba ngiye enkosini yami.

57Base bethi: Sizakuyibiza intombazana, sizwe emlonyeni wayo.

58Bambiza uRebeka, bathi kuye: Uzakuhamba nale ndoda na? Wathi:
Ngizakuhamba.

59 Base bemukisa udadewabo uRebeka, nomzanyana wakhe, nenceku ka-
Abrahama, namadoda ayo.

60Bambusisa uRebeka, bathi kuye: Dadewethu, yiba wena izinkulungwane
zezigidi, inzalo yakho inqobe amasango ezitha zayo.

61URebeka wasuka namantombazana akhe; bagibela amakamela, balandela
indoda; inceku yamthatha uRebeka, yamuka.

62 Kepha u-Isaka wabuya ngaseBeri Lahayi Royi, ngokuba wayehlala ezweni
laseningizimu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

63U-Isaka waphuma ntambama ukuyozindla endle; waphakamisa amehlo akhe, wabona; bheka, kweza amakamela.

64NoRebeka waphakamisa amehlo akhe; esembonile u-Isaka wehla ekameleni.

65Wathi encekwini: Ngubani le ndoda ehamba endle ukuzosihlangabeza na? Yathi inceku: Yinkosi yami, wayesethatha imvakazi yakhe, wagubuzela.

66Inceku yayisimtshela u-Isaka konke ebikwenzile.

67 U-Isaka wamngenisa etendeni likanina uSara, wamthatha uRebeka, wabangumkakhe; wamthanda; u-Isaka wayeseduduzeka emva kokufa kukanina.

## UGenesise 25

### Amadodana ka-Abrahama kuKetura. Ukufa kuka-Abrahama

1U-Abrahama waphinda wathatha umfazi ogama lakhe linguKetura.

2Wamzalela oZimrani, noJokishani, noMedani, noMidiyani, no-Ishibaki, noShuwa.

3UJokishani wazala oSheba noDedani. Amadodana kaDedani ayengama-Ashuri, namaLetushi, namaLewumi.

4Amadodana kaMidiyani ayengo-Efa, no-Eferi, noHanoki, no-Abida, no-Elidaha. Bonke labo babengamadodana kaKetura.

5 U-Abrahama wamnika u-Isaka konke anakho.

6Kepha amadodana ezancinza zika-Abrahama u-Abrahama wawanika izipho nje, wawamukisa ku-Isaka indodana yakhe esekhona, aye ngasempumalanga ezweni lasempumalanga.

7Lezi ziyizinsuku zeminyaka yokuhamba kuka-Abrahama azihambayo: iminyaka eyikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlanu.

8 U-Abrahama wagqibuka wafa, esemdala egugile, esanelisiwe yizinsuku, wabuthelwa kubantu bakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9O-Isaka no-Ishmayeli amadodana akhe bammbela emhumeni waseMakaphela, ensimini ka-Efroni indodana kaSowari umHeti engaphambi kweMamre,

10 insimu ayithenga u-Abrahama kubo abantwana bakwaHeti; khona wembelwa u-Abrahama noSara umkakhe.

11 Kwathi emva kokufa kuka-Abrahama uNkulunkulu wambusisa u-Isaka indodana yakhe; u-Isaka wahlala eBeri Lahayi Royi.

### Inzalo ka-Ishmayeli

12 Lezi ziyizizukulwane zika-Ishmayeli indodana ka-Abrahama, uHagari waseGibithe incekukazi kaSara amzalela zona u-Abrahama.

13 Lawa angamagama amadodana ka-Ishmayeli ngamagama awo nangokuzalwa kwawo: izibulo lika-Ishmayeli nguNebayoti, kanye noKedari, no-Adibeli, noMibisamu,

14noMishima, noDuma, noMasa,

15noHadadi, noThema, noJeturu, noNafishi, noKhedema;

16yilawo angamadodana ka-Ishmayeli, yilawo angamagama awo ngemizi yawo nangezikaniso zawo, izikhulu eziyishumi nambili ngezizwe zawo.

17Le iyiminyaka yokuhamba kuka-Ishmayeli: iminyaka eyikhulu namashumi amathathu nesikhombisa; wagqibuka wafa, wabuthelwa kubantu bakhe.

18 Bahlala-ke kwasukela eHavila kwaze kwaba seShuri elingaphambi kwaseGibithe ekuhambeni ukuya e-Asiriya; wakha ngasempumalanga kwabafowabo.

### Ukuzalwa kuka-Esawu noJakobe

19 Lezi ziyizizukulwane zika-Isaka indodana ka-Abrahama: u-Abrahama wazala u-Isaka;

20u-Isaka wayeneminyaka engamashumi amane mhla emthatha uRebeka indodakazi kaBetuweli, umAramu wasePhadani Aramu, udadewabo kaLabani umAramu, abe ngumkakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21U-Isaka wamkhulekela umkakhe kuJehova, ngokuba wayeyinyumba; uJehova wamzwela; uRebeka umkakhe wakhulelwa.

22Abantwana baqhubukushana phakathi kwakhe; wathi: Uma kunje, ngisekhona ngani na? Waya wabuza kuJehova.

23 UJehova wathi kuye: Esiswini sakho kukhona izizwe ezimbili; izinhlobo ezimbili zabantu ziyakwahlukana ezibilinini zakho; esinye isizwe siyakwahlula esinye, omkhulu akhonze omncane.

24Kwathi seziphelele izinsuku zakhe zokubeletha, bheka, kwakukhona amawele esiswini sakhe.

25Waphuma owokuqala, ebomvana wonke umzimba, enjengengubo yoboya; baqamba igama lakhe ngokuthi u-Esawu.

26 Emva kwalokho kwaphuma umfowabo, isandla sakhe sibambelele esithendeni sika-Esawu; igama lakhe labizwa ngokuthi uJakobe; u-Isaka wayeneminyaka engamashumi ayisithupha ekuzalweni kwabo.

27Abafana bakhula; u-Esawu waba yiphisi, umuntu wasendle; uJakobe waba yibeka, ehlala ematendeni.

28U-Isaka wamthanda u-Esawu, ngokuba wayedla inyama yenyamazane yakhe; uRebeka wamthanda uJakobe.

29Kwathi uJakobe wapheka ukudla, kwafika u-Esawu evela endle, ediniwe.

30U-Esawu wathi kuJakobe: Ake ungiphe ukuba ngidle kokubomvu, kulokho okubomvu, ngokuba sengidiniwe, ngalokho igama lakhe lathiwa u-Edomi.

31 Wayesethi uJakobe: Thengisa kimi namuhla ngefa lobuzibulo bakho.

32Wathi u-Esawu: Bheka, sengizakufa; linosizo luni kimi ifa lobuzibulo bami na?

33 UJakobe wathi: Funga kimi namuhla. Wayesefunga kuye, wathengisa ngefa lobuzibulo bakhe kuJakobe.

34UJakobe wamupha u-Esawu isinkwa nokudla kwembumba; wadla, waphuza, wavuka, wahamba; wadelela kanjalo u-Esawu ubuzibulo bakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UGenesise 26

### U-Isaka eseGerari naseBeri Sheba

1 Kwaba khona indlala ezweni ngaphandle kwendlala yokuqala eyayikhona emihleni ka-Abrahama; u-Isaka waya eGerari ku-Abimeleki inkosi yamaFilisti.

2UJehova wabonakala kuye, wathi: Ungehleli eGibithe; hlala ezweni engizakukutshela lona,

3ugogobale kuleli zwe; ngizakuba nawe, ngikubusise, ngokuba ngiyakunika wena nenzalo yakho onke lawa mazwe, ngigcwalise isifungo engasifunga ku-Abrahama uyihlo.

4Ngiyakwandisa inzalo yakho, ibe ngangezinkanyezi zezulu, ngiyiphe inzalo yakho onke lawa mazwe; ngenzalo yakho ziyakubusiswa izizwe zonke zomhlaba,

5ngokuba u-Abrahama walalela izwi lami, wagcina ukusho kwami, nemiyalo yami, nezimiso zami, nemithetho yami.

6U-Isaka wahlala-ke eGarari.

7 Amadoda aleyo ndawo ambuza ngomkakhe; wathi: Ungudadewethu, ngokuba wesaba ukusho ukuthi: Ungumkami, ethi: Funa amadoda aleyo ndawo angibulale ngenxa kaRebeka, lokhu ebukeka kahle.

8Kwathi esehlale khona isikhathi eside, u-Abimeleki inkosi yamaFilisti walunguza efasiteleni, wabona; bheka, u-Isaka wayetekula noRebeka umkakhe.

9U-Abimeleki wambiza u-Isaka, wathi: Bheka, impela yena ungumkakho; usholoni ukuthi: Ungudadewethu, na? U-Isaka wathi: Ngokuba ngathi: Funa ngife ngenxa yakhe.

10U-Abimeleki wayesethi: Kuyini okwenzile kithina na? Bekulula ukuba kufike omunye wabantu, alale nomkakho; ubususibangele icala.

11U-Abimeleki wayala bonke abantu, wathi: Othinta lo muntu nomkakhe uzakubulawa nokubulawa.

### Amandla ka-Isaka nokuphikisana ngemithombo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 U-Isaka watshala kulelo zwe, wathola ngawona lowo mnyaka okuphindwe kayikhulu, ngokuba uJehova wambusisa.

13 Lowo muntu waba mkhulu; kwayilokhu eqhubeka ukukhula njalo, waze waba mkhulu kakhulu.

14 Wayenemfuyo yezimvu, nemfuyo yezinkomo, nezinceku eziningi; amaFilisti ayenomhawu ngaye.

15 Yonke imithombo ezaziyimbile izinceku zikayise ezinsukwini zika-Abrahama uyise, amaFilisti ayeyivalile, ayigcwalisa ngomhlabathi.

16 U-Abimeleki wathi ku-Isaka: Suka kithina, ngokuba unamandla kakhulu kunathi.

17 U-Isaka wayesesuka khona, wakha esigodini saseGerari, wahlala lapho.

18 U-Isaka wabuye wemba imithombo yamanzi ababeyimbile ezinsukwini zika-Abrahama uyise, ngokuba amaFilisti ayeyivalile emva kokufa kuka-Abrahama; wayibiza ngamagama ayiqamba ngawo uyise.

19 Izinceku zika-Isaka zemba esigodini, zafumana umthombo wamanzi aphethuzayo.

20 Abelusi baseGerari baphikisana nabelusi baka-Isaka, bathi: Amanzi angawethu. Wabiza igama lomthombo ngokuthi i-Eseke, ngokuba baphikisana naye.

21 Bemba omunye umthombo, baphikisana nangawo. Waqamba igama lawo ngokuthi iSitina.

22 Wasuka lapho, wemba omunye umthombo; abaphikisananga ngawo; wabiza igama lawo ngokuthi iRehoboti, wathi: Ngokuba uJehova usenzele indawo; siyakwanda ezweni.

### Isithembiso sika-Abrahama siyaphindwa ku-Isaka

23 Wasuka lapho, wakhuphuka waya eBeri Sheba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

24 UJehova wabonakala kuye ngabona lobo busuku, wathi: NgingguNkulunkulu kayihlo u-Abrahama; ungesabi, ngokuba nginawe; ngizakukubusisa, ngiyandise inzalo yakho ngenxa yenceku yami u-Abrahama.

25 Wakha khona i-altare, wakhuleka egameni likaJehova, wamisa lapho itende lakhe; izinceku zika-Isaka zemba umthombo khona.

### Isivumelwano sika-Isaka no-Abimeleki

26 U-Abimeleki wayeseya kuye evela eGerari, eno-Ahuzati umngane wakhe noPikoli induna yempi yakhe.

27 U-Isaka wathi kubo: Nizeleni kimi, lokhu niyangizonda, ningixoshile kini, na?

28 Bathi: Sesibone nokubona ukuthi uJehova unawe. Sathi: Akube khona manje phakathi kwethu isifungo, phakathi kwethu nawe, senze isivumelwano nawe

29 sokuthi awuyikusenzela okubi, njengokuba singakuthintanga, sikwenzele okuhle kodwa, sakumukisa ngokuthula; wena usubusiswe nguJehova.

30 Wabenzela idili, badla, baphuza.

31 Bavuka ekuseni, bafungisana omunye nomunye; u-Isaka wayesebamukisa, basuka kuye ngokuthula.

32 Kwathi ngalolo suku zafika izinceku zika-Isaka, zamtshela ngomthombo ezaziwumbile, zathi kuye: Sitholile amanzi.

33 Wayesewubiza ngokuthi iSheba; ngalokho igama lomuzi lithi iBeri Sheba kuze kube namuhla.

### Amakhosikazi ka-Esawu

34 Kwathi u-Esawu eseneminyaka engamashumi amane, wathatha umfazi uJuditi indodakazi kaBeri umHeti noBasemati indodakazi ka-Eloni umHeti.

35 Baba lusizi enhliziyweni ka-Isaka noRebeka.

## UGenesise 27

### UJakobe uyazitholela ngenkohliso isibusiso sikayise

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[1]Kwathi u-Isaka esemdala namehlo akhe efiphele engasaboni, wabiza u-Esawu indodana yakhe enkulu, wathi kuye: Ndodana yami! Wathi kuye: Ngilapha.

[2]Wayesethi: Bheka, sengimdala, angilwazi usuku lokufa kwami.

[3]Ngalokho awuthathe manje izikhali zakho, umgodla wakho nomnsalo wakho, uye endle, ungizingelele inyamazane,

[4]ungilungisele isilovela engisithandayo, usilethe kimi ukuba ngidle, umphefumulo wami ukubusise ngingakafi.

[5]URebeka wezwa u-Isaka ekhuluma no-Esawu indodana yakhe. U-Esawu waya endle ukuyozingela inyamazane, abuye nayo.

[6]URebeka wakhuluma kuJakobe indodana yakhe, wathi: Bheka, ngizwe uyihlo ekhuluma no-Esawu umnewenu, ethi:

[7] Ngilethele inyamazane, ungilungisele isilovela, ukuze ngidle, ngikubusise ebusweni bukaJehova ngingakafi.

[8]Ngalokho, ndodana yami, lalela izwi lami kulokhu engikuyala ngakho.

[9]Yana emhlambini, ungithathele khona amazinyane amabili amahle ezimbuzi, ngilungisele uyihlo isilovela njengalokho akuthandayo,

[10]wena usiyise kuyihlo, aze adle, akubusise engakafi.

[11] UJakobe wathi kuRebeka unina: Bheka, umnewethu ungumuntu oyinundu, mina ngiluqwatha.

[12]Mhlawumbe ubaba uyakungiphatha, ngibe ngokhohlisayo emehlweni akhe, ngizilethele isiqalekiso, kungabi yisibusiso.

[13]Unina wayesethi kuye: Isiqalekiso sakho, ndodana yami, masibe phezu kwami; lalela izwi lami, uhambe ukungithathela wona.

[14]Wayesehamba-ke, wawathatha, wawayisa kunina; unina walungisa isilovela njengalokho akuthandayo uyise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 URebeka wayesethatha izingubo ezinhle zika-Esawu indodana yakhe enkulu ezazikuye endlini, wamembathisa zona uJakobe indodana yakhe encane.

16 Wamnqwambisa izikhumba zamazinyane ezimbuzi ezandleni zakhe nasocwatheni lwentamo.

17 Wanikela esandleni sikaJakobe indodana yakhe isilovela nesinkwa akulungisileyo.

18 Yena waya kuyise, wathi: Baba! Wathi yena: Ngilapha; ungubani wena ndodana yami na?

19 UJakobe wathi kuyise: Ngingu-Esawu izibulo lakho; ngenze njengalokho ungitshelile; mawuvuke, uhlale, udle ukuba umphefumulo wakho ungibusise.

20 U-Isaka wathi kuyo indodana yakhe: Kwenzeke kanjani ukuba usheshe kangaka ukuyithola, ndodana yami, na? Wathi: Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uyenze ukuba ize phambi kwami.

21 U-Isaka wayesethi kuJakobe: Ake usondele, ngikuphathe, ndodana yami, uma uyindodana yami u-Esawu uqobo noma ungesiyo na?

22 UJakobe wasondela ku-Isaka uyise; wamphatha, wathi: Izwi liyizwi likaJakobe, kepha izandla ziyizandla zika-Esawu.

23 Akamazanga, ngokuba izandla zakhe zazinoboya njengezandla zomnewabo u-Esawu; wayeseyakumbusisa.

24 Kepha wayesethi: Uyindodana yami u-Esawu uqobo na? Wathi: Nginguye.

25 Wayesethi: Sondeza kimi, ngidle inyamazane yendodana yami ukuba umphefumulo wami ukubusise. Wayeseyisondeza kuye, wadla; wayisa kuye iwayini, waphuza.

26 Uyise u-Isaka wathi kuye: Ake usondele ungange, ndodana yami.

27 Wasondela wamanga, wahogela iphunga lezingubo zakhe, wambusisa wathi: Bheka, iphunga lendodana yami linjengephunga lensimu ebusisiwe nguJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

28UNkulunkulu makakuphe amazolo ezulu, namanoni omhlaba, nenala yamabele neyewayini.

29 Abantu mabakukhonze, izizwe zikukhothamele; yiba yinkosi yabafowenu, amadodana kanyoko akukhothamele; makaqalekiswe okuqalekisayo, abusiswe okubusisayo.

30Kwathi u-Isaka eseqede ukumbusisa uJakobe, uJakobe esand ukuphuma ebusweni buka-Isaka uyise, wafika u-Esawu umnewabo evela ekuzingeleni kwakhe.

31Naye wenza isilovela, wasiyisa kuyise; wathi kuyise: Ubaba makavuke, adle inyamazane yendodana yakhe ukuba umphefumulo wakho ungibusise.

32U-Isaka uyise wathi kuye: Ungubani wena na? Wathi: Ngiyindodana yakho, izibulo lakho, u-Esawu.

33U-Isaka wayesethuthumela nokuthuthumela kakhulu impela, wathi: Ngubani, pho, othathe inyamazane, wayiletha kimi, ngayidla yonke ungakafiki, ngambusisa, na? Yena uyakuba ngobusisiweyo.

34U-Esawu esezwa amazwi kayise wakhala nokukhala kamunyu impela, wathi kuyise: Ngibusise nami, baba!

35Wayesethi: Umfowenu ufike ngenkohliso, wathatha isibusiso sakho.

36 Wathi: Aliqanjwanga kahle igama lakhe ngokuthi uJakobe na? Ngokuba sekukabili engiqinela; wathatha ubuzibulo bami; bheka, manje usethathe isibusiso sami. Wathi: Mina, awungigodlelanga sibusiso na?

37U-Isaka waphendula, wathi ku-Esawu: Bheka, ngimmisile abe yinkosi yakho, nabafowabo bonke ngimnike bona babe yizinceku zakhe; ngimphasile ngamabele nangewayini; ngingase ngikwenzeleni wena ndodana yami na?

38 Wayesethi u-Esawu kuyise: Baba, sinye nje isibusiso sakho na? Ngibusise nami, baba! U-Esawu wadazuluka, wakhala.

39U-Isaka uyise waphendula, wathi kuye: Bheka, umuzi wakho uyakuba kude namanoni omhlaba namazolo ezulu avela phezulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

40 Uyakuphila ngenkemba yakho, umkhonze umfowenu; kuyakuthi lapho
udlubulunda, uhluzule ijoka lakhe entanyeni yakho.

41U-Esawu wayesemzonda uJakobe ngenxa yesibusiso uyise ambusise ngaso;
u-Esawu wathi enhliziyweni yakhe: Izinsuku zokulilela ubaba sezisondele;
khona ngiyakumbulala umfowethu uJakobe.

42URebeka watshelwa amazwi ka-Esawu indodana yakhe enkulu; wathuma
wambiza uJakobe indodana yakhe encane, wathi kuye: Bheka, umnewenu u-
Esawu uyaziduduza ngawe ngokuthi uyakukubulala.

43Ngalokho, ndodana yami, lalela izwi lami: vuka ubalekele kuLabani
umfowethu eHarana,

44uhlale kuye izinsukwana ezithile, kuze kubohle ukufutheka komfowenu,

45 kusuke kuwe ukuthukuthela komnewenu, akhohlwe lokho okwenze kuye,
bese ngithuma ngikulande khona; ngizakwaphucwa ngani nina nobabili
ngalusuku lunye na?

46 URebeka wayesethi ku-Isaka: Ngidiniwe ukuphila ngenxa yamadodakazi
kaHeti; uma uJakobe ethatha umfazi kuwo amadodakazi kaHeti onjengalawa,
kuwo amadodakazi aleli zwe, kuyakungisiza ngani ukuphila na?

## UGenesise 28

### UJakobe uyabalekela ezihlotsheni zaseHarana

1U-Isaka wambiza uJakobe, wambusisa, wamyala, wathi kuye:
Awuyikuthatha umfazi kuwo amadodakazi aseKhanani.

2 Vuka uye ePhadani Aramu endlini kaBetuweli uyise kanyoko, uzithathele
khona umfazi kuwo amadodakazi kaLabani unyokolume.

3UNkulunkulu uSomandla makakubusise, akuchumise, akwandise, ube
yizizwe eziningi,

4 akuphe isibusiso sika-Abrahama, wena nenzalo yakho kanye nawe, udle ifa
lezwe lokugogobala kwakho uNkulunkulu amnika lona u-Abrahama.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5U-Isaka wayesemmukisa uJakobe, waya ePhadani Aramu kuye uLabani indodana kaBetuweli umAramu, umfowabo kaRebeka unina kaJakobe no-Esawu.

6U-Esawu ebona ukuthi u-Isaka umbusisile uJakobe, wamthuma ePhadani Aramu ukuyothatha khona umfazi, nokuthi lapho embusisa wamyala wathi: Awuyikuthatha umfazi kuwo amadodakazi aseKhanani,

7nokuthi uJakobe walalela uyise nonina, waya ePhadani Aramu,

8khona u-Esawu wabona ukuthi amadodakazi aseKhanani mabi emehlweni ka-Isaka uyise,

9 waya ku-Ishmayeli, wathatha uMahalati indodakazi ka-Ishmayeli indodana ka-Abrahama, udadewabo kaNebayoti, abe ngumkakhe kanye nabafazi ayesenabo.

### Iphupho likaJakobe eseBethele

10UJakobe wayesemuka eBeri Sheba, waya eHarana.

11Wafika endaweni ethile, wahlala khona ubusuku bonke, ngokuba ilanga lase lishonile; wathatha elinye lamatshe aleyondawo, walibeka phansi kwekhanda lakhe, walala kuleyo ndawo.

12 Waphupha, bheka, nanko umkhwelo umiswe emhlabathini, isihloko sawo sifinyelela ezulwini; nezingelosi zikaNkulunkulu zenyuka, zehla kuwo.

13Bheka, uJehova wayemi ngaphezu kwawo, wathi: NginguJehova uNkulunkulu ka-Abrahama uyihlo, noNkulunkulu ka-Isaka; leli zwe olele kulo ngizakulinika wena nenzalo yakho.

14 Inzalo yakho iyakuba ngangothuli lomhlabathi, wena usabalalele ngasentshonalanga, nasempumalanga, nasenyakatho, naseningizimu; ngawe nangenzalo yakho iyakubusiswa imindeni yonke yomhlaba.

15Bheka, nginawe; ngiyakukulondoloza nakuphi lapho uya khona, ngikubuyisele kuleli zwe, ngokuba angiyikukushiya, ngingakakwenzi lokho engikushilo kuwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Wayesephaphama uJakobe ebuthongweni bakhe, wathi: Imbala uJehova ukule ndawo, mina-ke bengingakwazi.

17Washaywa luvalo, wathi: Yeka ukwesabeka kwale ndawo! Akusikho okunye, yindlu kaNkulunkulu kuphela, yisango lezulu.

18 UJakobe wavuka ekuseni, walithatha itshe abelibeke phansi kwekhanda lakhe, walimisa laba yinsika, wathela amafutha esihlokweni salo.

19 Waqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iBethele; kuqala igama lomuzi laliyiLuze.

20UJakobe wenza isithembiso, wathi: Uma uNkulunkulu eyakuba nami, angilondoloze kule ndlela engihamba ngayo, angiphe isinkwa sokudliwa nezingubo zokwembatha,

21ukuze ngibuyele endlini kababa ngokuthula, khona uJehova uyakuba nguNkulunkulu wami,

22 naleli tshe engilimise libe yinsika liyakuba yindlu kaNkulunkulu, nakukho konke oyakungipha khona ngiyakukunika okweshumi.

## UGenesise 29

### UJakobe engasemthonjeni waseHarana

1Wayesesuka uJakobe, waya ezweni labantu basempumalanga.

2Wabheka, nanko umthombo endle, nemihlambi emithathu yezimvu ilele ngakuwo, ngokuba kulowo mthombo babephuzisa imihlambi; itshe elalisemlonyeni womthombo lalilikhulu kakhulu.

3Kwabuthelwa khona imihlambi yonke, balisusa itshe emlonyeni womthombo, baphuzisa izimvu, balibuyisela itshe emlonyeni womthombo endaweni yalo.

4UJakobe wathi kubo: Bazalwane, nivelaphi na? Bathi: SingabakwaHarana.

5 Wayesethi kubo: Niyamazi uLabani indodana kaNahori na? Bathi: Siyamazi.

6Wathi kubo: Usahlezi kahle na? Bathi: Uhlezi kahle. Nangu uRaheli indodakazi yakhe; uyeza nezimvu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Wathi: Bheka, kusesemini kakhulu, akusiso isikhathi sokuba zibuthwe izinkomo; phuzisani izimvu, nihambe niziklabise.

8 Base bethi: Singekwenze lokho ingakabuthani imihlambi yonke, balisuse itshe emlonyeni womthombo; yikhona siyakuphuzisa izimvu.

### Ukubonana kukaJakobe noRaheli

9 Esakhuluma nabo, uRaheli wafika nezimvu zikayise, ngokuba wayezalusa.

10 Kwathi uJakobe ebona uRaheli indodakazi kaLabani uninalume nezimvu zikaLabani uninalume, uJakobe wasondela, wasusa itshe emlonyeni womthombo, waziphuzisa izimvu zikaLabani uninalume.

11 UJakobe wamanga uRaheli, waphakamisa izwi lakhe, wakhala.

12 UJakobe wayesemtshela uRaheli ukuthi ungumfowabo kayise nokuthi uyindodana kaRebeka; wagijima, watshela uyise.

13 Kwathi uLabani esezwe indaba kaJakobe indodana kadadewabo, wagijima ukuyomhlangabeza, wamgona, wamanga, wamngenisa endlini yakhe; wayesetshela uLabani zonke lezi zinto.

14 ULabani wathi kuye: Impela uyithambo lami nenyama yami. Wahlala kuye inyanga yonke.

### UJakobe uqala ukusebenza kuLabani

15 ULabani wayesethi kuJakobe: Lokhu ungumfowethu, ubuzakungisebenzela ngeze na? Ngitshele ukuthi umvuzo wakho uyakuba yini na?

16 ULabani wayenamadodakazi amabili; igama lenkulu lalinguLeya, igama lencane lalinguRaheli.

17 Amehlo kaLeya ayebuthakathaka, kepha uRaheli wayemuhle ngesimo, ebukeka kahle.

18 UJakobe wamthanda uRaheli; wathi: Ngizakukusebenzela iminyaka eyisikhombisa ngoRaheli indodakazi yakho encane.

19 Wayesethi uLabani: Kuhle ukuba ngimnike wena kunokuba ngimnike enye indoda; hlala kimi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

20 UJakobe wayesesebenzela uRaheli iminyaka eyisikhombisa; yayisemehlweni akhe njengezinsuku eziyingcosana nje ngenxa yokumthanda kwakhe.

21 UJakobe wathi kuLabani: Nginike umkami, ngokuba izinsuku zami seziphelile, ngize ngingene kuye.

22 ULabani wabutha abantu bonke bakuleyo ndawo, wenza idili.

23 Kepha kwathi kusihlwa wathatha uLeya indodakazi yakhe, wamyisa kuye; wangena kuye.

24 ULabani wanika indodakazi yakhe uLeya incekukazi yakhe uZilipa, abe yincekukazi yakhe.

25 Kwathi ekuseni, bheka, kunguLeya; wayesethi kuLabani: Kuyini lokhu okwenzile kimi na? Angikusebenzelanga ngoRaheli na? Ungikhohliseleni na?

26 Wathi uLabani: Akwenziwa njalo endaweni yakithi ukuba kuganiswe omncane ngaphambi komkhulu.

27 Qeda isonto lalona, sikuphe nomunye ngomsebenzi osezakuwusebenza kimi eminye iminyaka eyisikhombisa.

28 UJakobe wenze njalo, waqeda isonto lakhe; wamupha uRaheli indodakazi yakhe, abe ngumkakhe.

29 ULabani wanika indodakazi yakhe uRaheli incekukazi yakhe uBiliha, abe yincekukazi yakhe.

30 Wangena nakuye uRaheli, wathanda uRaheli kakhulu kunoLeya; wayesesebenza kuye eminye iminyaka eyisikhombisa.

### Amadodana okuqala kaJakobe

31 UJehova ebona ukuthi uLeya uyazondwa, wavula isizalo sakhe; kepha uRaheli wayeyinyumba.

32 ULeya wakhulelwa, wazala indodana, waqamba igama layo ngokuthi uRubeni, ngokuba wathi: UJehova ubonile ukuhlupheka kwami; manje umyeni wami uyakungithanda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[33]Wabuye wakhulelwa, wazala indodana, wathi: Lokhu uJehova ezwe ukuthi ngiyazondwa, ungiphile nalena futhi, waqamba igama layo ngokuthi uSimeyoni.

[34]Wabuye wakhulelwa, wazala indodana, wathi: Manje ngalesi sikhathi umyeni wami uyakunamathela kimi, ngokuba ngimzalele amadodana amathathu, ngalokho waqamba igama layo ngokuthi uLevi.

[35]Wakhulelwa futhi, wazala indodana, wathi: Sengiyakumdumisa uJehova, ngalokho waqamba igama layo ngokuthi uJuda; wayesekhawula ukuzala.

## UGenesise 30

### Abanye abantwana bakaJakobe nemfuyo yakhe

[1]URaheli esebonile ukuthi wayengamzaleli uJakobe abantwana, uRaheli waba nomhawu ngodadewabo, wathi kuJakobe: Ngiphe abantwana, funa ngife.

[2]Intukuthelo kaJakobe yayisivuthela uRaheli, wathi: Ngisesikhundleni sikaNkulunkulu okwenqabele isithelo sesizalo na?

[3] Wathi: Nansi incekukazi yami uBiliha; ngena kuye, ukuze azalele emathangeni ami, ngakheke nami ngaye.

[4]Wayesemupha uBiliha incekukazi yakhe, abe ngumkakhe; uJakobe wangena kuye.

[5]UBiliha wakhulelwa, wamzalela uJakobe indodana.

[6]Wayesethi uRaheli: UNkulunkulu ungahlulele, futhi wezwa izwi lami: wangipha indodana, ngalokho waqamba igama layo ngokuthi uDani.

[7]UBiliha incekukazi kaRaheli wabuye wakhulelwa, wamzalela uJakobe indodana yesibili.

[8]URaheli wathi: Ngokubambana ngibambene nodadewethu ngamandla kaNkulunkulu, ngamahlula, waqamba igama layo ngokuthi uNafetali.

[9]ULeya esebonile ukuthi ukhawulile ukuzala, wamthatha uZilipa incekukazi yakhe, wamupha uJakobe, abe ngumkakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10UZilipa incekukazi kaLeya wamzalela uJakobe indodana.

11ULeya wayesethi: Kwenziwe inhlanhla, waqamba igama layo ngokuthi uGadi.

12UZilipa incekukazi kaLeya wamzalela indodana yesibili.

13Wayesethi uLeya: Yisibusiso sami! Ngokuba izintombi ziyakungibiza ngokuthi ngingobusisiweyo, waqamba igama layo ngokuthi u-Asheri.

14Ngesikhathi sokuvuna ukolweni uRubeni waya wafumana amamandragora endle, wawayisa kunina uLeya. URaheli wayesethi kuLeya: Ake ungiphe amamandragora endodana yakho.

15Wathi kuye: Kuncane yini ukuba uthathile umyeni wami na? Usuyakuthatha namamandragora endodana yami na? URaheli wathi: Ngalokho uzakulala nawe ngalobu busuku ngamamandragora endodana yakho.

16Kusihlwa uJakobe esebuya endle, uLeya waya ukumhlangabeza, wathi: Ngena kimi, ngokuba impela ngikuqashile ngamamandragora endodana yami. Wayeselala naye ngalobo busuku.

17UNkulunkulu wamuzwa uLeya; wakhulelwa, wamzalela uJakobe indodana yesihlanu.

18Wayesethi uLeya: UNkulunkulu unginikile umvuzo, lokhu ngamnika umyeni wami incekukazi yami, waqamba igama lakhe ngokuthi u-Isakare.

19ULeya wabuye wakhulelwa, wamzalela uJakobe indodana yesithupha.

20Wayesethi uLeya: UNkulunkulu ungiphe isipho esihle; manje umyeni wami useyakuhlala kimi, ngokuba ngimzalele amadodana ayisithupha, waqamba igama layo ngokuthi uZebuloni.

21Ngasemuva wazala indodakazi, waqamba igama layo ngokuthi uDina.

22UNkulunkulu wamkhumbula uRaheli, uNkulunkulu wamuzwa, wavula isizalo sakhe.

23Wakhulelwa, wazala indodana, wathi: UNkulunkulu ususile ihlazo lami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

24Waqamba igama layo ngokuthi uJosefa, ethi: UJehova makangenezelele nenye indodana futhi.

25Kwathi uRaheli esemzalile uJosefa, uJakobe wathi kuLabani: Ngimukise ukuba ngiye endaweni yami ezweni lakithi.

26 Ngiphe omkami nabantwana bami engikusebenzele ngabo, ngihambe, ngokuba uyawazi umsebenzi engikwenzele wona.

27ULabani wayesethi kuye: Ake ngifumane umusa emehlweni akho. Sengibonile ukuthi uJehova ungibusisile ngenxa yakho.

28Wathi futhi: Nquma umvuzo wakho, ngikuphe wona.

29Wathi kuye: Uyazi wena ukuthi ngikukhonze kanjani nokuthi izinkomo zakho zazinjani kimi.

30Ngokuba kwakukuncane okwakho ngingakafiki; kepha kwandile, sekukuningi; uJehova ukubusisile ezinyathelweni zami; manje ngiyakuyisebenzela nini eyami indlu na?

31Wathi: Ngiyakukuphani na? Wathi uJakobe: Awuyikunginika lutho; uma ungenzela lokhu, ngiyakubuye ngaluse umhlambi wakho, ngiwulinde.

32Namuhla ngiyakudabula emhlambini wakho wonke, ngikhiphe khona zonke ezimanakanaka nezimagqabhagqabha, nazo zonke ezimnyama ezimvini, nezimagqabhagqabha nezimanakanaka ezimbuzini, kube ngumvuzo wami.

33Ukulunga kwami kuyakungifakazela ngesikhathi esizayo, lapho ufika ngomvuzo wami osebusweni bakho, ukuthi zonke ezingemanakanaka nezingemagqabhagqabha ezimbuzini, nezingemnyama ezimvini ezikimi, mazithiwe zebiwe.

34Wayesethi uLabani: Bheka, makube njengezwi lakho.

35Ngalowo muhla wakhipha izimpongo ezinemishwe nezimagqabhagqabha, nezimbuzikazi zonke ezimanakanaka nezimagqabhagqabha, zonke ezinokumhlophe, nezimnyama zonke ezimvini, wazinikela esandleni samadodana akhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[36]Wamisa ibanga lezinsuku ezintathu phakathi kwakhe noJakobe; uJakobe walusa imihlambi eseleyo kaLabani.

[37]UJakobe wathatha izinti ezimanzi zompopula nezomalimondi nezompelatani, wazebula imishwe emhlophe, wambula okumhlophe okusezintini.

[38] Wazifaka izinti abezebulile emikhombeni nasemiqengqeni yamanzi phambi kwemihlambi, lapho imihlambi iza khona ukuphuza; yamitha ekufikeni kwayo ukuphuza.

[39]Imihlambi yamitha phambi kwezinti, imihlambi yazala ezinemishwe, nezimanakanaka, nezimagqabhagqabha.

[40]UJakobe wayesahlukanisa amawundlu, wabhekisa ubuso bemihlambi kwezinemishwe nakwezimnyama emhlambini kaLabani; wabeka amaqembu akhe abe wodwa engawafaki emhlambini kaLabani.

[41]Kwathi lapho ibiyakumitha imihlambi eqinileyo, uJakobe wabeka izinti phambi kwamehlo emihlambi emiqengqeni ukuba imithe phakathi kwezinti.

[42]Kepha lapho umhlambi wawubuthakathaka, akazifakanga; yathi-ke ebuthakathaka yaba ngekaLabani neqinileyo yaba ngekaJakobe.

[43]Yayisikhula kakhulu impela le ndoda, yaba nemihlambi emikhulu, nezincekukazi, nezinceku, namakamela, nezimbongolo.

## UGenesise 31

### UJakobe uyabalekela uLabani

[1]Wayesezwa amazwi amadodana kaLabani, ethi: UJakobe uthathile konke okwakungokukababa; ngokwakungokukababa uzizuzele lonke lolu dumo.

[2]UJakobe wabona ubuso bukaLabani; bheka, babungasenjengayizolo nakuthangi kuye.

[3]UJehova wayesethi kuJakobe: Buyela ezweni lawoyihlo nasezihlotsheni zakho; ngiyakuba nawe.

[4]UJakobe wathuma wabiza oRaheli noLeya, beze endle emhlambini wakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Wathi kubo: Ngiyabubona ubuso bukayihlo ukuthi abusenjengayizolo
nakuthangi kimi, kepha uNkulunkulu kababa unami.

6 Niyazi nina ukuthi ngimkhonzile uyihlo ngamandla ami onke.

7 Kepha uyihlo ungikhohlisile, waguqula umvuzo wami kayishumi; kodwa
uNkulunkulu akamvumelanga ukwenza okubi kimi.

8 Uma ebesho ukuthi: Ezimanakanaka ziyakuba ngumvuzo wakho, umhlambi
wonke wazala ezimanakanaka; uma ebesho ukuthi: Ezinemishwe ziyakuba
ngumvuzo wakho, umhlambi wonke wazala ezinemishwe.

9 Kanjalo uNkulunkulu uthathile imfuyo kayihlo, wayinika mina.

10 Kwathi ngokumitha kwemihlambi ngaphakamisa amehlo ami, ngabona
ephusheni; bheka, izimpongo ezikhwela umhlambi zazingezinemishwe,
nezimanakanaka, nezinala.

11 Ingelosi kaNkulunkulu yathi kimi ephusheni: Jakobe! Ngathi: Ngilapha.

12 Yayisithi: Awuphakamise amehlo akho, ubone ukuthi zonke izimpongo
ezikhwela umhlambi zingezinemishwe, nezimanakanaka, nezinala, ngokuba
ngibone konke uLabani akwenza kuwe.

13 NginguNkulunkulu waseBethele, lapho wagcoba khona insika nalapho
wenza isithembiso kimi; manje vuka, usuke kuleli zwe, ubuyele ezweni
lokuzalwa kwakho.

14 ORaheli noLeya baphendula, bathi kuye: Sisenesabelo nefa endlini kababa
na?

15 Asibalwanga njengabofakazi na? Ngokuba wathengisa ngathi, waqeda
intengo yethu.

16 Ngokuba yonke ingcebo uNkulunkulu amamuke yona ubaba ingeyethu
neyabantwana bethu; manje konke uNkulunkulu akutshele khona, kwenze.

17 UJakobe wayesesuka, wakhwelisa amadodana akhe nawomkakhe
emakameleni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

18Wathatha yonke imfuyo yakhe ayizuzileyo, imfuyo yokufuya kwakhe ayizuze ePhadani Aramu ukuba aye ku-Isaka uyise ezweni laseKhanani.

19 ULabani esehambile ukuyogunda izimvu zakhe, uRaheli weba izithixo zikayise.

20UJakobe wamnyenyela uLabani umAramu engamtshelanga ukuthi uyabaleka.

21Wayesebaleka nakho konke anakho; wasuka, wawela umfula, waqonda ngasentabeni yakwaGileyadi.

22Ngosuku lwesithathu uLabani watshelwa ukuthi uJakobe ubalekile.

23Wayesethatha abafowabo, wamlandela ibanga lezinsuku eziyisikhombisa, wamfica entabeni yakwaGileyadi.

24UNkulunkulu weza kuLabani umAramu ephusheni ebusuku, wathi kuye: Qaphela ukuba ungakhulumi kuJakobe okuhle noma okubi.

25ULabani wayesemfica uJakobe. UJakobe wayemisile itende lakhe entabeni; uLabani nabafowabo bamisa entabeni yakwaGileyadi.

26ULabani wathi kuJakobe: Wenzeni, lokhu unginyenyele, wathatha amadodakazi njengabathunjwa benkemba, na?

27Ubalekeleni ngasese na? Wanginyenyelelani ungangitshelanga ukuba ngabe ngikuvalelise ngokwenama nangezihlabelelo, ngesigubhu nangehabhu, na?

28Awungivumelanga ukuba ngange amadodana ami namadodakazi ami. Untumazele ngalokho.

29Kusemandleni esandla sami ukwenza okubi kuwe, kepha uNkulunkulu kayihlo ukhulumile kimi ebusuku obudlule, wathi: Qaphela ukuba ungakhulumi kuJakobe okubi noma okuhle.

30Manje njengokuba usumuka impela, lokhu ulangazelela nokulangazelela indlu kayihlo, webeleni izithixo zami na?

31UJakobe waphendula, wathi kuLabani: Ngokuba ngesaba ngithi: Funa ungiqhwage amadodakazi akho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32 Kepha lowo ozakuthola kuye izithixo zakho akayikusinda; qaza phambi kwabafowethu okwakho okukimi, ukuthathe. Ngokuba uJakobe wayengazi ukuthi uRaheli wayezebile.

33 ULabani wayesengena etendeni likaJakobe, nasetendeni likaLeya, nasetendeni lezincekukazi zombili; akazitholanga. Waphuma etendeni likaLeya, wangena etendeni likaRaheli.

34 URaheli wayezithathe izithixo, wazifaka esihlalweni sekamela, wahlala phezu kwazo. ULabani waphumputha etendeni lonke, kepha akazitholanga.

35 Wathi kuyise: Mayingathukutheli inkosi yami ukuthi anginakusukuma phambi kwakho, ngokuba indlela yabesifazane ikimi. Wanyalula, kepha akazitholanga izithixo.

36 UJakobe wathukuthela, wamsola uLabani; uJakobe waphendula, wathi kuLabani: Yisiphi isiphambeko sami na? Yisiphi isono sami, lokhu ungizingele kangaka, na?

37 Njengalokho usufunisisile kuyo yonke impahla yami, uthole ntoni yezinto zonke zendlu yakho na? Yibeke lapha phambi kwabafowethu nabafowenu ukuba banqume phakathi kwethu sobabili.

38 Le minyaka engamashumi amabili bengihlezi kuwe; izimvukazi zakho nezimbuzikazi zakho aziphunzanga; izinqama zomhlambi wakho angizidlanga.

39 Ezidweshulwe yizilo ngangingaziyisi kuwe; kwalahlekelwa mina; wazibiza esandleni sami, noma zebiwe emini noma zebiwe ebusuku.

40 Nganginjalo; emini ngaqedwa ngukushisa, ebusuku ngamakhaza; ubuthongo bami babalekela amehlo ami.

41 Le minyaka engamashumi amabili bengisendlini yakho; ngakusebenzela iminyaka eyishumi nane ngamadodakazi akho omabili, neminyaka eyisithupha ngomhlambi wakho, uguqule umvuzo wami kayishumi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42Uma ebengenami uNkulunkulu kababa, uNkulunkulu ka-Abrahama, ukwesaba kuka-Isaka, ngempela ubuyakungimukisa ze. UNkulunkulu ubone ukuhlupheka kwami nokukhathala kwezandla zami, wakusola ubusuku obudlule.

43ULabani waphendula, wathi kuJakobe: Amadodakazi angamadodakazi ami, abantwana bangabantwana bami, imihlambi iyimihlambi yami; konke okubonayo kungokwami; lawa madodakazi ami ngingawenzela ntoni namuhla, nabantwana bawo abazalileyo, na?

44Woza manje, senze isivumelwano mina nawe, sibe ngufakazi phakathi kwami nawe.

### Ukubuyisana kukaJakobe noLabani

45UJakobe wayesethatha itshe, walimisa laba yinsika.

46Wathi uJakobe kubafowabo: Buthani amatshe, bathatha amatshe, benza inqwaba; base bedla khona phezu kwenqwaba.

47ULabani wayiqamba ngokuthi iJegari Sahadutha, kepha uJakobe wayibiza ngokuthi iGaledi.

48Wathi uLabani: Le nqwaba ingufakazi phakathi kwami nawe namuhla. Ngalokho igama layo laqanjwa ngokuthi iGaledi,

49neMispa futhi, ngokuba wathi: UJehova makalinde phakathi kwami nawe, lapho sesingasabonani.

50Uma uyakuhlupha amadodakazi ami, noma uthatha abafazi ngaphandle kwamadodakazi ami, akukho muntu onathi; bheka, uNkulunkulu ungufakazi phakathi kwami nawe.

51Wathi uLabani kuJakobe: Bheka, le nqwaba nensika engikumise phakathi kwami nawe,

52le nqwaba ayibe ngufakazi, nensika ibe ngufakazi ukuthi angiyikudlula kule nqwaba, ngiye kuwe, nokuthi wena awuyikudlula kule nqwaba nakule nsika, uze kimi, ngokubi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[53]UNkulunkulu ka-Abrahama noNkulunkulu kaNahori, uNkulunkulu wawoyise, makahlulele phakathi kwethu. UJakobe wafunga ukwesaba kukayise u-Isaka.

[54]UJakobe wanikela ngomhlatshelo entabeni, wabiza abafowabo ukuba badle isinkwa; badla isinkwa, bahlala ubusuku bonke entabeni.

[55]ULabani wavuka ekuseni, wawanga amadodana akhe namadodakazi akhe, wawabusisa; wayesehamba uLabani, wabuyela endaweni yakhe.

## UGenesise 32

### UJakobe uyazilungiselela ukuhlangana no-Esawu

[1]UJakobe wahamba indlela yakhe; izingelosi zikaNkulunkulu zamhlangabeza.

[2] UJakobe ezibona wathi: Lokhu kuyibandla likaNkulunkulu. Waqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iMahanayimi.

[3]UJakobe wathuma izithunywa phambi kwakhe ku-Esawu umfowabo ezweni laseSeyiri, izwe lakwa-Edomi.

[4]Waziyala ngokuthi: Niyakukhuluma kanje enkosini yami u-Esawu, nithi: Inceku yakho uJakobe ithi: Ngigogobele kuLabani, ngilibele kuze kube manje;

[5]nginezinkabi, nezimbongolo, nezimvu, nezinceku, nezincekukazi; sengithumele ukubika enkosini yami ukuba ngithole umusa emehlweni akho.

[6]Izithunywa zabuyela kuJakobe, zathi: Safika kumfowenu u-Esawu, naye uyeza ukukuhlangabeza enamadoda angamakhulu amane.

[7]UJakobe wayeseshaywa luvalo kakhulu, ekhathazeka; wahlukanisa abantu ababenaye, nezimvu, nezinkomo, namakamela, kwaba ngamaqembu amabili,

[8]wathi: Uma u-Esawu efika kwelinye iqembu, alichithe, iqembu eliseleyo liyakubaleka.

[9] Wathi uJakobe: Nkulunkulu kababa u-Abrahama, Nkulunkulu kababa u-Isaka, Jehova, wena owathi kimi: Buyela ezweni lakho nasezihlotsheni zakho, ngikwenzele okuhle,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10angifanele neze wonke umusa nalo lonke iqiniso okwenzele inceku yakho,
ngokuba ngawela leli Jordani ngodondolo lwami kuphela, manje
sengingamaqembu amabili.

11Ake ungophule esandleni somfowethu, esandleni sika-Esawu, ngokuba mina
ngiyamesaba, funa eze angichithe kanye nawonina nabantwana.

12 Wathi wena: Impela ngiyakukwenzela okuhle, ngenze inzalo yakho ibe
ngangesihlabathi solwandle esingebalwe ngobuningi.

13Walala khona lobo busuku; kulokho okwakusesandleni sakhe wathathela u-
Esawu umfowabo isipho:

14izimbuzikazi ezingamakhulu amabili, nezimpongo ezingamashumi amabili,
nezimvukazi ezingamakhulu amabili, nezinqama ezingamashumi amabili,

15namakamela asengwayo angamashumi amathathu namathole awo,
nezinkomazi ezingamashumi amane, nezinkunzi eziyishumi,
nezimbongolokazi ezingamashumi amabili, namathole ayishumi.

16Wazinikela esandleni sezinceku amaqambi ngamaqambi, wathi ezincekwini
zakhe: Dlulani ngaphambi kwami, nenze ibanga phakathi kweqambi
neqambi.

17Wamyala ophambili, wathi: Nxa u-Esawu umfowethu ehlangana nawe,
ekubuza ethi: Ungokabani wena? Uyangaphi na? Ngezikabani lezi eziphambi
kwakho na?

18wothi: Ngezenceku yakho uJakobe; kuyisipho esithunywa enkosini yami u-
Esawu; bheka, naye uyeza, ungasemuva kwethu.

19Wayala nowesibili, nowesithathu, nabo bonke ababelandela amaqembu,
wathi: Niyakusho njalo ku-Esawu, lapho nimfumana.

20Niyakukhuluma nithi: Futhi bheka, inceku yakho uJakobe iyeza, isemva
kwethu. Ngokuba wathi: Ngizakumthoba ngalesi sipho esihamba phambi
kwami, andukuba ngibone ubuso bakhe; mhlawumbe angangamukela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Sase sihamba isipho phambi kwakhe, kepha yena wahlala ekamu lobo busuku.

### UJakobe ubambana noNkulunkulu

22Wavuka ebusuku, wathatha omkakhe ababili, nezincekukazi zakhe ezimbili, nabantwana bakhe abayishumi nanye, wawela ezibukweni elithiwa iJaboki.

23Wabathatha, wabawelisa emfuleni, wakuwelisa nalokho anakho.

24 Wasala yedwa uJakobe; kwabambana naye umuntu, kwaze kwasa.

25Esebona ukuthi akamahluli, wathinta esikhoxeni senyonga yakhe, waphinyazeka uJakobe esikhoxeni senyonga esebambene naye.

26Wayesethi: Angihambe, ngokuba sekuyasa. Kepha wathi: Anginakukuyeka ukuba uhambe ungangibusisanga.

27Wathi kuye: Ungubani igama lakho na? Wathi: NginguJakobe.

28 Wathi: Igama lakho alisayikuthiwa uJakobe, kepha u-Israyeli, ngokuba ulwile noNkulunkulu nabantu, wanqoba.

29 UJakobe wayesembuza ethi: Ake ungitshele igama lakho. Wathi: Ubuzelani igama lami na? Wayesembusisa khona.

30 UJakobe waqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iPheniyeli, ngokuba wathi: Sibonene noNkulunkulu ubuso nobuso, nokho umphefumulo wami wophulwa.

31Ilanga lamphumela esadlula iPheniyeli, waqhuga enyongeni yakhe.

32Ngalokho abantwana bakwa-Israyeli abawudli umsipha wenqulu osesikhoxeni senyonga kuze kube namuhla, ngokuba wathinta isikhoxo senyonga kaJakobe emsipheni wenqulu.

## UGenesise 33

### UJakobe uhlangana no-Esawu

1UJakobe waphakamisa amehlo akhe, wabheka, nango u-Esawu eza enamadoda angamakhulu amane. Abantwana wabahlukanisela oLeya, noRaheli, nezincekukazi zombili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Wabeka izincekukazi nabantwana bazo ngaphambili, uLeya nabantwana bakhe ngasemuva, oRaheli noJosefa ngasekugcineni.

3Yena uqobo wadlulela phambi kwabo, wakhothamela emhlabathini kasikhombisa, waze wafika kumfowabo.

4U-Esawu wagijima ukumhlangabeza, wamgona, wawa ngasentanyeni yakhe, wamanga; bakhala.

5 Waphakamisa amehlo akhe, wabona abesifazane nabantwana, wathi: Bangobani laba onabo na? Wathi: Bangabantwana uNkulunkulu ayiphe bona inceku yakho ngomusa.

6Zase zisondela izincekukazi, zona nabantwana bazo, bakhothama.

7Wasondela noLeya nabantwana bakhe, bakhothama; ngasemuva wafika uJosefa enoRaheli, bakhothama.

8Wayesethi: Uqondeni ngawo wonke lombonda engihlangana nawo na? Wathi: Ukuba ngifumane umusa emehlweni enkosi yami.

9Kepha u-Esawu wathi: Nginokuningi, mfowethu; okwakho makube ngokwakho.

10UJakobe wathi: Hhayi bo; uma ngifumene umusa emehlweni akho, samukele isipho sami esandleni sami, ngokuba ngibone ubuso bakho esengathi ngibona ubuso bukaNkulunkulu, wathokoza ngami.

11Mawusamukele isibusiso sami esilethwa kuwe, ngokuba uNkulunkulu ungenzele umusa nangokuba nginakho konke. Wamcindezela; wasamukela-ke.

12Wayesethi: Asisuke sihambe, ngihambe phambi kwakho.

13Wathi kuye: Inkosi yami iyazi ukuthi abantwana bancane nokuthi izimvu nezinkomazi ezinami ziyizindlezane; uma bezishishinga usuku olulodwa, umhlambi wonke uyakufa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Ake idlule inkosi phambi kwenceku yayo, mina ngiseseze njengokuhamba kwempahla ephambi kwami nanjengokuhamba kwabantwana, ngize ngifike enkosini yami eSeyiri.

15U-Esawu wathi: Ake ngishiye kuwe abanye abantu bami. Wathi: Ngani na? Mangifumane umusa emehlweni enkosi.

16U-Esawu wayesebuyela endleleni yakhe ngalolo suku, waya eSeyiri.

17UJakobe wasuka waya eSukoti, wazakhela indlu, wenzela izinkomo zakhe amathanga; ngalokho igama laleyo ndawo lathiwa iSukoti.

18UJakobe wafika kahle emzini waseShekemi osezweni laseKhanani, evela ePhadani Aramu; wamisa itende lakhe phambi komuzi.

19Wathenga isiqephu sezwe, lapho ebemise khona itende lakhe, esandleni samadodana kaHamori uyise kaShekemi ngamakesita ayikhulu.

20Wakha khona i-altare, walibiza ngokuthi i-Eli Elohe Israyeli.

## UGenesise 34

### UDina woniwa nguShekemi

1UDina, indodakazi kaLeya amzalela yona uJakobe, waphuma ukuyobona amadodakazi alelo zwe.

2UShekemi indodana kaHamori umHivi, inkosi yezwe, wambona, wamthatha, walala naye, wamona.

3Inhliziyo yakhe yabambelela kuDina indodakazi kaJakobe, wayithanda intombi, wakhuluma kuyo inhliziyo yentombi.

4UShekemi wakhuluma kuyise uHamori, wathi: Ngithathele le ntombazana, ibe ngumkami.

5UJakobe wezwa ukuthi ungcolisile indodakazi yakhe uDina; amadodana akhe ayesezinkomeni endle; uJakobe wathula, aze afika.

6UHamori uyise kaShekemi waphumela kuJakobe ukuyokhuluma naye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Amadodana kaJakobe abuya endle esezwile lokho; abantu badabuka, bathukuthela kakhulu, ngokuba ubenze ubuwula kwa-Israyeli ngokulala nendodakazi kaJakobe, okungenakwenziwa.

8UHamori wakhuluma nabo, wathi: Inhliziyo yendodana yami uShekemi iyabambelela endodakazini yenu; ake nimuphe yona, ibe ngumkakhe.

9Ganiselanani nathi, nisiphe amadodakazi enu, nizithathele amadodakazi ethu.

10Niyakuhlala kithi; izwe liyakuba sebusweni benu; yakhani, nithengiselane, nifuye kulo.

11UShekemi wayesethi kuyise nakubanewabo: Ake ngifumane umusa emehlweni enu; lokho eniyakukusho kimi, ngiyakuninika khona.

12Bizani kimi ilobolo noma lingakanani kanye nesipho, ngiyakuninika njengokusho kwenu kimi; kodwa ngipheni intombi ibe ngumkami.

13Amadodana kaJakobe abaphendula oShekemi noHamori uyise ngobuqili, akhuluma, njengokuba ebemngcolisile uDina udadewabo,

14athi kubo: Asinakwenza lokhu, ukunika udadewethu kumuntu ongasokwanga, ngokuba lokho kuyihlazo kithina.

15Kepha ngalokho singanivumela: uma nizakuba njengathi, kusokwe bonke abesilisa bakini,

16siyakuninika amadodakazi ethu, sizithathele amadodakazi enu, sihlale nani, sibe yisizwe sinye.

17Kepha uma ningasilaleli, nisokwe, siyakuthatha indodakazi yethu, sihambe.

18Amazwi abo aba mahle koHamori noShekemi indodana kaHamori.

19Le nsizwa ayilibalanga ukwenza lokho, ngokuba yayethabela indodakazi kaJakobe; yayinodumo kunabo bonke abendlu kayise.

20OHamori noShekemi indodana yakhe beza ngasesangweni lomuzi, bakhuluma namadoda omuzi wabo, bathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Labo bantu bahlezi ngokuthula nathi; ngalokho mabahlale ezweni, balihambe, ngokuba bheka, izwe libanzi inxa zombili phambi kwabo; asizithathele amadodakazi abo abe ngomkethu, sibaphe amadodakazi ethu.

22Kuphela ngalokho bayasivumela laba bantu ukuhlala nathi, sibe yisizwe sinye, ukuthi bonke abesilisa bakithi basokwe, njengalokho bona besokiwe.

23Imihlambi yabo, nempahla yabo, nezinkomo zabo akuyikuba ngokwethu na? Masibavumele kuphela, bakhe kithi.

24Bonke abaphuma ngesango lomuzi wakhe balalela oHamori noShekemi indodana yakhe; bonke abesilisa basokwa, bonke abaphuma ngesango lomuzi wakhe.

### Ukuphindisela kwabanewabo bakaDina

25 Kwathi ngosuku lwesithathu bese nobuhlungu, amadodana amabili kaJakobe, oSimeyoni noLevi, abanewabo bakaDina, bathatha, kwaba yilowo nalowo inkemba yakhe, bahlasela umuzi ngesibindi, babulala bonke abesilisa.

26Babulala oHamori noShekemi indodana yakhe ngosiko lwenkemba, bakhipha uDina endlini kaShekemi, bahamba.

27Amadodana kaJakobe ayesefica ababuleweyo, aphanga umuzi, ngokuba babengcolisile udadewabo.

28Athatha izimvu zabo, nezinkomo zabo, nezimbongolo zabo, okwakusemzini nokwakusendle,

29nemfuyo yonke yabo; athumba abantwana babo nawomkabo, abaphanga kanye nakho konke okusendlini.

30UJakobe wayesethi koSimeyoni noLevi: Ningihluphile, ningenzile ukuba nginukele kabi abantu bezwe, amaKhanani namaPherizi, lokhu ngiyingcosana, bayakungihlanganyela, bangibulale, ngichithwe mina nendlu yami.

31Base bethi: Ngabe bemenza udadewethu isifebe na?

## UGenesise 35

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## UJakobe eseBethele

1 UNkulunkulu wathi kuJakobe: Suka ukhuphukele eBethele, uhlale khona, umenzele lapho uNkulunkulu i-altare, yena owabonakala kuwe mhla ubalekela u-Esawu umfowenu.

2 Wayesethi uJakobe kwabendlu yakhe nakubo bonke ababe naye: Lahlani izithixo zabezizwe eziphakathi kwenu, nizihlambulule nina, niziphendulele izingubo zenu,

3 sisuke, sikhuphukele eBethele; ngiyakumenzela khona uNkulunkulu i-altare, yena owangiphendula ngosuku lokuhlupheka kwami, waba nami endleleni engangiyihamba.

4 Bamnika-ke uJakobe izithixo zonke zabezizwe ezazisezandleni zabo, namacici ayesezindlebeni zabo; uJakobe wakuthukusa phansi kwe-oki elalingaseShekemi.

5 Base bemuka; ukumesaba uNkulunkulu kwakuphezu kwemizi eyayikhona nxazonke; abawaxoshanga amadodana kaJakobe.

6 UJakobe wafika eLuze elisezweni laseKhanani eliyiBethele, yena kanye nabantu bonke ababe naye.

7 Wakha khona i-altare, wayibiza indawo ngokuthi i-Eli Bethele, ngokuba uNkulunkulu wabonakala kuye khona mhla ebaleka ebusweni bomfowabo.

8 UDebora umzanyana kaRebeka wafa, wembelwa ngenzansi neBethele phansi kwe-oki; igama lalo labizwa ngokuthi i-Alonibakuti.

## Ukuzalwa kukaBenjamini nokufa kukaRaheli

9 UNkulunkulu wabuye wabonakala kuJakobe, lapho evela ePhadani Aramu, wambusisa.

10 UNkulunkulu wathi kuye: Igama lakho linguJakobe, igama lakho alisayikuthiwa uJakobe; igama lakho lizakuba ngu-Israyeli, wayeseqamba igama lakhe ngokuthi u-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 UNkulunkulu wathi kuye: NginguNkulunkulu uSomandla; mawuzale,
wande; isizwe, yebo, ibandla lezizwe liyakuvela kuwe; amakhosi
ayakuphuma okhalweni lwakho;

12 izwe engabapha lona o-Abrahama no-Isaka, ngiyakulinika wena; nenzalo
yakho emva kwakho ngiyakuyinika lona.

13 UNkulunkulu wenyuka esuka kuye endaweni lapho ebekhulume naye
khona.

14 UJakobe wayesemisa insika endaweni lapho abekhulume naye khona,
insika yetshe; wathela phezu kwayo umnikelo wokuphuzwa, wathela
namafutha phezu kwayo.

15 UJakobe wayiqamba indawo lapho uNkulunkulu akhuluma naye khona
ngokuthi iBethele.

16 Base besuka eBethele; kwakuse yibangana ukuya e-Efrati; uRaheli
wayesebeletha, wabeletha enemihelo enzima.

17 Kwathi esenemihelo enzima, umbelethisi wathi kuye: Ungesabi, ngokuba
uzakuba nenye indodana futhi.

18 Usuzakuphuma umphefumulo wakhe, ngokuba wafa, waqamba igama lakhe
ngokuthi uBenoni; kepha uyise wamqamba ngokuthi uBenjamini.

19 Wafa uRaheli, wembelwa ngasendleleni eya e-Efrati eliyiBetlehema.

20 UJakobe wamisa insika ethuneni lakhe, eyinsika yethuna likaRaheli kuze
kube namuhla.

21 U-Israyeli wasuka, wamisa itende lakhe ngaphambi kombhoshongo wase-
Edere.

22 Kwathi u-Israyeli esehlala kulelo zwe, uRubeni waya walala noBiliha
isancinza sikayise; u-Israyeli wakuzwa lokho.

### Amadodana kaJakobe nokufa kuka-Isaka

Amadodana kaJakobe ayeyishumi nambili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Amadodana kaLeya ayenguRubeni, izibulo likaJakobe, noSimeyoni, noLevi, noJuda, no-Isakare, noZebuloni.

24Amadodana kaRaheli ayengoJosefa noBenjamini.

25Amadodana kaBiliha incekukazi kaRaheli ayengoDani noNafetali.

26Amadodana kaZilipa incekukazi kaLeya ayengoGadi no-Asheri; lawo angamadodana kaJakobe awazalelwa ePhadani Aramu.

27UJakobe wafika ku-Isaka uyise eMamre ngaseKiriyati Araba, okuyiHebroni, lapho o-Abrahama no-Isaka kade bebegogobele khona.

28Izinsuku zika-Isaka zaziyiminyaka eyikhulu namashumi ayisishiyagalombili.

29 U-Isaka wagqibuka wafa, wabuthelwa kubantu bakhe, emdala esanelisiwe yizinsuku. O-Esawu noJakobe amadodana akhe bammbela.

## UGenesise 36

### Umndeni ka-Esawu

1 Lezi ziyizizukulwane zika-Esawu ongu-Edomi.

2 U-Esawu wazithathela abafazi kuwo amadodakazi aseKhanani: u-Ada indodakazi ka-Eloni umHeti, no-Oholibama indodakazi ka-Ana, indodakazi kaSibeyoni umHivi,

3noBasemati indodakazi ka-Ishmayeli, udadewabo kaNebayoti.

4U-Ada wamzalela u-Esawu u-Elifazi; uBasemati wazala uRehuweli;

5u-Oholibama wazala oJewushe, noJalamu, noKora; lawo angamadodana ka-Esawu azalelwa wona ezweni laseKhanani.

6U-Esawu wathatha omkakhe, namadodana akhe, namadodakazi akhe, nabantu bonke bendlu yakhe, nemfuyo yakhe, nezinkomo zakhe, nempahla yonke yakhe owayeyizuze ezweni laseKhanani, waya ezweni elikude nomfowabo uJakobe.

7 Ngokuba imfuyo yabo yayiyinkulu kunokuba bahlale ndawonye, nezwe lokugogobala kwabo lalingenakubathwala ngenxa yemfuyo yabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 U-Esawu wahlala entabeni yaseSeyiri; u-Esawu ungu-Edomi.

9Lezi ziyizizukulwane zika-Esawu uyise wabakwa-Edomi entabeni yaseSeyiri.

10Nanka amagama amadodana ka-Esawu: Ngu-Elifazi indodana ka-Ada umka-Esawu, noRehuweli indodana kaBasemati umka-Esawu.

11Amadodana ka-Elifazi ayengoThemani, no-Omari, noSefo, noGathamu, noKenazi.

12UThimna wayeyisancinza sika-Elifazi indodana ka-Esawu; wamzalela u-Elifazi u-Amaleki; yilawo angamadodana ka-Ada umka-Esawu.

13Lawa angamadodana kaRehuweli: ngoNahati, noZera, noShama, noMiza; yilawo angamadodana kaBasemati umka-Esawu.

14Lawa angamadodana ka-Oholibama indodakazi ka-Ana, indodakazi kaSibeyoni, umka-Esawu: wamzalela u-Esawu oJewushe, noJalamu, noKora.

15 Laba bangabanumzane bamadodana ka-Elifazi izibulo lika-Esawu: Ngumnumzane uThemani, nomnumzane u-Omari, nomnumzane uSefo, nomnumzane uKenazi,

16nomnumzane uKora, nomnumzane uGathamu, nomnumzane u-Amaleki; yilabo abangabanumzane abavela ku-Elifazi ezweni lakwa-Edomi; yilawo angamadodana ka-Ada.

17Lawa angamadodana kaRehuweli indodana ka-Esawu: ngumnumzane uNahati, nomnumzane uZera, nomnumzane uShama, nomnumzane uMiza; yilabo abangabanumzane abavela kuRehuweli ezweni lakwa-Edomi; yilawo angamadodana kaBasemati umka-Esawu.

18Lawa angamadodana ka-Oholibama umka-Esawu: ngumnumzane uJewushe, nomnumzane uJalamu, nomnumzane uKora; yilabo abangabanumzane abavela ku-Oholibama indodakazi ka-Ana umka-Esawu.

19Yilawo angamadodana ka-Esawu; labo bangabanumzane bawo; yena ungu-Edomi.

**Inzalo kaSeyiri**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20] Lawa angamadodana kaSeyiri umHori ayakhe kulelo zwe: ngoLothani, noShobali, noSibeyoni, no-Ana,

[21]noDishoni, no-Eseri, noDishani; labo bangabanumzane abavela kuwo amaHori, abantwana bakaSeyiri ezweni lakwa-Edomi.

[22]Amadodana kaLothani ayengoHori noHemamu; udadewabo kaLothani wayenguThimna.

[23]Lawa angamadodana kaShobali: ngo-Alevani, noManahati, no-Ebali, noShefo, no-Onamu.

[24]Lawa angamadodana kaSibeyoni: ngo-Aya, no-Ana; nguyena lowo Ana owafumana imithombo eshisayo ehlane, ezalusa izimbongolo zikaSibeyoni uyise.

[25]Laba bangabantwana baka-Ana: ngoDishoni no-Oholibama indodakazi ka-Ana.

[26]Lawa angamadodana kaDishoni: ngoHemdani, no-Eshibani, noJitrani, noKerani.

[27]Lawa angamadodana ka-Eseri: ngoBilihani, noZahawana, no-Akani.

[28]Lawa angamadodana kaDishani: ngo-Use no-Arana.

[29]Laba bangabanumzane abavela kuwo amaHori: ngumnumzane uLothani, nomnumzane uShobali, nomnumzane uSibeyoni, nomnumzane u-Ana,

[30]nomnumzane uDishoni, nomnumzane u-Eseri, nomnumzane uDishani; yilabo abangabanumzane abavela kuwo amaHori, abanumzane ngabanumzane ezweni laseSeyiri.

[31] Lawa angamakhosi ayebusa ezweni lakwa-Edomi, kungakabusi nkosi kwababakwa-Israyeli.

[32]UBela indodana kaBeyori wabusa kwababakwa-Edomi; igama lomuzi wakhe laliyiDinihaba.

[33]Wafa uBela; uJobabi indodana kaZera waseBosira waba yinkosi esikhundleni sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34 Wafa uJobabi; uHushamu wasezweni labakwaThemani waba yinkosi esikhundleni sakhe.

35 Wafa uHushamu; uHadadi indodana kaBedadi owanqoba abakwaMidiyani ethafeni lakwaMowabi waba yinkosi esikhundleni sakhe; igama lomuzi wakhe laliyi-Aviti.

36 Wafa uHadadi; uSamla waseMasireka waba yinkosi esikhundleni sakhe.

37 Wafa uSamla; uShawule waseRehoboti ngasemfuleni waba yinkosi esikhundleni sakhe.

38 Wafa uShawule; uBali Hanani indodana ka-Akibori waba yinkosi esikhundleni sakhe.

39 Wafa uBali Hanani indodana ka-Akibori; uHadari waba yinkosi esikhundleni sakhe; igama lomuzi wakhe laliyiPhawu; igama lomkakhe lalinguMehetabeli indodakazi kaMatiredi, indodakazi kaMezahabi.

40 Lawa angamagama abanumzane abavela ku-Esawu ngemindeni yabo, nangezindawo zabo, nangamagama abo: ngumnumzane uThimna, nomnumzane u-Aliva, nomnumzane uJeteti,

41 nomnumzane u-Oholibama, nomnumzane u-Ela, nomnumzane uPhinoni,

42 nomnumzane uKenazi, nomnumzane uThemani, nomnumzane uMibisari,

43 nomnumzane uMagidiyeli, nomnumzane u-Iramu; yilabo abangabanumzane bakwa-Edomi ngokwakha kwabo ezweni elaliyifa labo; nguyena u-Esawu uyise wabakwa-Edomi.

## UGenesise 37

### Amaphupho kaJosefa

1 UJakobe wakha ezweni lokugogobala kukayise, ezweni laseKhanani.

2 Lokhu kuyindaba kaJakobe. UJosefa eseneminyaka eyishumi nesikhombisa wawalusa umhlambi kayise enabafowabo; engumfana nje wayekuwo amadodana kaBiliha nakuwo amadodana kaZilipa omkayise; uJosefa waletha kuyise imibiko emibi ngabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Kepha u-Israyeli wathanda uJosefa kakhulu kunabantwana bakhe bonke, ngokuba wayeyindodana yobuxhegu bakhe; wamenzela ingubo enemikhono emide.

4Abafowabo babona ukuthi uyise umthanda kunabafowabo bonke; khona bamzonda, bengenakukhuluma kuye ngokuthula.

5UJosefa waphupha iphupho, wabalandisa lona abafowabo; babelokhu bemzonda kakhulu.

6Wathi kubo: Ake nizwe leli phupho engiliphuphileyo.

7Bhekani, besibopha izithungu ensimini; naso-ke isithungu sami sivuka sima; nazo-ke izithungu zenu zisiphahla, zisikhothamela isithungu sami.

8Base bethi kuye abafowabo: Impela uyakuba yinkosi yethu, usibuse na? Bamzonda kakhulu kunakuqala ngenxa yamaphupho akhe namazwi akhe.

9Waphupha nelinye iphupho, wabalandisa lona abafowabo, wathi: Bhekani, ngiphuphe nelinye iphupho; bhekani-ke ilanga nenyanga nezinkanyezi eziyishumi nanye kwangikhothamela.

10Wabalandisa uyise nabafowabo; uyise wamsola, wathi kuye: Yiphupho lini leli oliphuphileyo na? Impela mina nonyoko nabafowenu siyakuza, sikukhothamele emhlabathini na?

11Abafowabo baba nomhawu ngaye, kepha uyise wawalonda lawa mazwi.

### Ukuthengiswa kukaJosefa

12Abafowabo baya ukwalusa umhlambi kayise eShekemi.

13U-Israyeli wathi kuJosefa: Abafowenu abawalusi umhlambi eShekemi na? Woza, ngiyakukuthuma kubo. Wathi kuye: Ngilapha.

14Wayesethi kuye: Hamba-ke, ubone ukuthi basahlezi kahle yini abafowenu nomhlambi, uze ungibuyisele izwi. Wamthuma esuka esigodini saseHebroni, waze wafika eShekemi.

15Umuntu othile wamfumana ezulazula endle; lo muntu wambuza wathi: Ufunani na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

16 Wathi: Ngifuna abafowethu; ake ungitshele ukuthi baluselaphi.

17 Wathi lowo muntu: Basukile lapha, ngokuba ngabezwa bethi: Asiye eDotayini. UJosefa walandela abafowabo, wabafumana eDotayini.

18 Bambona esekude; engakasondeli kubo, bamenzela ugobe lokumbulala.

19 Bakhulumisana omunye nomunye, bathi: Bhekani, inyanga yamaphupho iyeza.

20 Ngalokho wozani, siyibulale, siyiphonse komunye wemigodi, bese sithi: Isilwane esibi siyidlile, sibone ukuthi azakuba yini amaphupho ayo.

21 URubeni wakuzwa, wamophula esandleni sabo ngokuthi: Asingambulali.

22 URubeni wathi kubo: Ningachithi gazi; mphonseni kulo mgodi osehlane, ningabeki isandla kuye, ukuba amophule esandleni sabo, ambuyisele kuyise.

23 Kwathi uJosefa esefike kubafowabo, bamkhumula ingubo yakhe, leyo ngubo enemikhono emide ayeyigqokile.

24 Bamthatha, bamphonsa emgodini; umgodi wawungenalutho, kungekho manzi kuwo.

25 Bahlala phansi ukuba badle isinkwa; baphakamisa amehlo abo, babona; bheka, kwafika ihele labakwa-Ishmayeli livela kwaGileyadi, linamakamela alo ethwele inhlaka nebhalisamu nemure, likwewusela eGibithe.

26 Wayesethi uJuda kubafowabo: Kuyakusizani, uma simbulala umfowethu, sifihle igazi lakhe, na?

27 Wozani sithengise ngaye kwabakwa-Ishmayeli, isandla senu singabi phezu kwakhe, ngokuba ungumfowethu, uyinyama yethu. Abafowabo bamlalela.

28 Kwase kudlula abathengi bakwaMidiyani; bamdonsa uJosefa, bamkhuphula emgodini, bathengisa ngoJosefa kwabakwa-Ishmayeli ngezinhlamvu ezingamashumi amabili zesiliva. Labo-ke bamusa uJosefa eGibithe.

29 URubeni wabuyela emgodini; bheka, uJosefa wayengasekho emgodini; waklebhula izingubo zakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30 Wayesebuyela kubafowabo, ethi: Akasekho umntwana; mina-ke ngizakushonaphi na?

31 Base bethatha ingubo kaJosefa, bahlaba impongo, bacwilisa ingubo egazini.

32 Bathumela leyo ngubo enemikhono emide, bayiyisa kuyise, bathi: Siyitholile lena; ake ubone, uma le ngubo ingeyendodana yakho yini, noma akusiyo na?

33 Wayibona, wathi: Yiyo ingubo yendodana yami; isilwane esibi simdlile; yebo, uJosefa udatshuliwe nokudatshulwa.

34 UJakobe wayeseklebhula izingubo zakhe, wafaka indwangu yamasaka okhalweni lwakhe, walilela indodana yakhe izinsuku eziningi.

35 Onke amadodana akhe nawo onke amadodakazi akhe asuka ukuyomduduza, kepha wala ukududuzwa, wathi: Ngiyakwehla, ngiye endodaneni yami endaweni yabafileyo ngilila. Uyise wamlilela-ke.

36 AbakwaMidiyani bathengisa ngaye eGibithe kuPotifari, inceku kaFaro, induna yabalindi bakhe.

## UGenesise 38

### Amadodana kaJuda

1 Kwathi ngaleso sikhathi uJuda wasuka kubafowabo, wehla, waya kumuntu wase-Adulamu ogama lakhe linguHira.

2 UJuda wabona lapho indodakazi yomuntu waseKhanani ogama lakhe linguShuwa; wayithatha, wangena kuyo.

3 Yakhulelwa, yazala indodana, yaqamba igama layo ngokuthi u-Eri.

4 Yabuye yakhulelwa, yazala indodana, yaqamba igama layo ngokuthi u-Onani.

5 Yabuye yazala futhi indodana, yaqamba igama layo ngokuthi uShela; uJuda wayeseKesibi ekuyizaleni kwayo.

6 UJuda wamthathela u-Eri izibulo lakhe umfazi ogama lakhe linguTamari.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 U-Eri izibulo likaJuda wayemubi emehlweni kaJehova; uJehova wambulala.

8 UJuda wathi ku-Onani: Yiya kumkamfowenu, umngene, umvusele umfowenu inzalo.

9U-Onani wayekwazi ukuthi inzalo ayiyikuba ngeyakhe; kwathi nxa engena kumkamfowabo, wachitha emhlabathini ukuba angamniki umfowabo inzalo.

10Kwaba kubi emehlweni kaJehova lokho akwenzileyo; wambulala naye futhi.

11UJuda wayesethi kuTamari umalokazana wakhe: Hlala ungumfelokazi endlini kayihlo, aze akhule uShela indodana yami, ngokuba wathi: Ukuba angafi njengabafowabo. UTamari waya wahlala kwabo.

**OJuda noTamari**

12Emva kwezinsuku eziningi yafa indodakazi kaShuwa umkaJuda; eseduduzekile uJuda wakhuphuka, waya kubo abagundi bezimvu zakhe eThimna, yena kanye nomhlobo wakhe uHira wase-Adulamu.

13Kwatshelwa uTamari ukuthi: Bheka, uyihlozala uyakhuphukela eThimna ukuyogunda izimvu zakhe.

14Wayesekhumula izingubo zakhe zobufelokazi, wagubuzela, wazimboza, wahlala esangweni lase-Enayimi ngasendleleni eya eThimna, ngokuba wabona ukuthi uShela usekhulile, engamnikwa nokho abe ngumkakhe.

15UJuda esembona wacabanga ukuthi uyisifebe, ngokuba wayegubuzele ubuso.

16Waphambukela kuye endleleni, wathi: Woza, ake ngingene kuwe, ngokuba wayengazi ukuthi ungumalokazana wakhe. Wathi: Uyakungiphani ukuba ungene kimi na?

17Wayesethi: Mina ngizakukuthumela izinyane lembuzi elisemhlambini. Wathi: Uzakunginika isibambiso, uze ulithume, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Wathi: Ngikuphe sibambiso sini na? Wathi: Indandatho yakho, nentambo yakho, nodondolo lwakho olusesandleni sakho. Wamupha, wangena kuye; wakhuliselwa nguye.

19 Wasuka, wahamba, wakhumula iveli lakhe, wembatha izingubo zakhe zobufelokazi.

20 UJuda wathuma izinyane lembuzi ngesandla somhlobo wakhe wase-Adulamu ukuba athathe isibambiso esandleni sowesifazane, kepha akamfumananga.

21 Wayesebuza abantu bendawo yakhe, wathi: Siphi isifebe esasise-Enayimi ngasendleleni na? Bathi: Akuzange kube khona isifebe lapha.

22 Wayesebuyela kuJuda, ethi: Angisifumananga; nabantu bendawo bathi: Akuzange kube khona isifebe lapha.

23 Wathi uJuda: Masizithathele sona, funa sibe nehlazo; bheka, ngithume leli zinyane, kepha awusifumananga.

24 Kwathi emva kwezinyanga ezintathu uJuda watshelwa ukuthi: UTamari umalokazana wakho ufebile; bheka, futhi ukhulelwe ngokufeba kwakhe. UJuda wathi: Mletheni, ashiswe.

25 Eselethiwe wathumela kuyisezala, wathi: Ngikhuleliswe yile ndoda engumnini walezi zinto. Wathi futhi: Ake ubone ukuthi ngokukabani le ndandatho, nale ntambo, nalolu dondolo na?

26 Wakuvuma uJuda, wathi: Ulungile kunami, njengokuba ngingamnikanga uShela indodana yami. Akabange esamazi futhi.

27 Kwathi ngesikhathi sokubeletha kwakhe, bheka, ngamawele asesiswini sakhe.

28 Kwathi esabeletha, omunye wakhipha isandla; umbelethisi wathatha, wabopha esandleni sakhe ngentambo ebomvu, wathi: Lo uphume kuqala.

29 Kwathi ukuba afinyeze isandla sakhe, nangu umfowabo ephuma; wathi: Ufuzuleleni na? Ngalokho igama lakhe laqanjwa ngokuthi uPheresi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

30Ngasemuva waphuma umfowabo owayenentambo ebomvu esandleni sakhe; igama lakhe lathiwa uZera.

## UGenesise 39

### Isikhundla sikaJosefa

1 UJosefa wehliselwa eGibithe; uPotifari inceku kaFaro, induna yemilindankosi, owaseGibithe, wamthenga esandleni sabakwa-Ishmayeli ababemehlisele khona.

2UJehova wayenaye uJosefa, waba ngumuntu onenhlanhla; wayesendlini yenkosi yakhe yaseGibithe.

3Inkosi yakhe yabona ukuthi uJehova unaye nokuthi konke akwenzayo uJehova wakuphumelelisa esandleni sakhe.

4UJosefa wafumana umusa emehlweni ayo, wayikhonza; yambeka abe yinduna phezu kwendlu yayo, nakho konke okwayo yakunikela esandleni sakhe.

5Kusukela kuleso sikhathi embeke ngaso ukuba abe yinduna phezu kwendlu yayo naphezu kwakho konke okwayo, uJehova wabusisa indlu yowaseGibithe ngenxa kaJosefa; isibusiso sikaJehova sasikukho konke okwayo endlini nasensimini.

6Yashiya konke okwayo esandleni sikaJosefa; yayingazi lutho olwayo, ukudla eyakudlayo kuphela. UJosefa wayengumgembeleza, eyigeza.

### Ubumhlophe bukaJosefa

7Kwathi emva kwalezo zinto umkankosi yakhe waphonsa amehlo kuJosefa, wathi: Lala nami.

8Kepha wala, wathi kumkankosi yakhe: Bheka, inkosi yami ayikwazi enginakho endlini, inikele konke okwayo esandleni sami;

9ayinkulu kunami kule ndlu; futhi ayingigodlelanga lutho ngaphandle kwakho kuphela, ngokuba ungumkayo; pho, ngingenza kanjani lobo bubi obungaka, ngone kuNkulunkulu na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Kwathi esakhuluma kuJosefa izinsuku ngezinsuku, akamlalelanga ukuba alale naye, nokuba abe naye.

11Kwathi ngosuku lumbe engena endlini ukuyokwenza imisebenzi yakhe, kungekho lapho phakathi noyedwa owendlu,

12wambamba ngengubo yakhe, wathi: Lala nami, kepha washiya ingubo yakhe esandleni sakhe, wabaleka, wagijimela phandle.

13Kwathi esebone ukuthi ushiyile ingubo esandleni sakhe, wabaleka,

14wabiza abantu bendlu, wakhuluma kubo, wathi: Bonani usilethele umHeberu ukuba adlale ngathi; uze kimina ukuba alale nami; ngamemeza ngezwi elikhulu;

15wathi ezwa ukuthi ngiphakamisa izwi lami ngimemeza, washiya ingubo yakhe kimi, wabaleka, wagijimela phandle.

16Wayesebeka le ngubo kuye, yaze yafika ekhaya inkosi yakhe.

17Wakhuluma kuyo wona lawa mazwi, wathi: Le nceku engumHeberu, osilethele yona, ize kimi ukuba idlale ngami;

18kwathi ukuba ngiphakamise izwi lami ngimemeza, yashiya ingubo yayo kimi, yabalekela phandle.

**Ukuboshwa kukaJosefa**

19Yathi inkosi yakhe isizwe amazwi omkayo ayewakhulume kuyo, ethi: Yenze njalo kimi inceku yakho, lwavutha ulaka lwayo.

20 Inkosi kaJosefa yamthatha, yamfaka etilongweni, indawo lapho iziboshwa zenkosi zaziboshwa khona; waba khona etilongweni.

21Kepha uJehova wayenaye uJosefa, wamupha umusa, wamenzela ububele emehlweni omlindi wetilongo.

22Umlindi wetilongo wanikela esandleni sikaJosefa zonke iziboshwa ezazisetilongweni; konke ezazikwenza khona nguyena owayekwenza.

23 Umlindi wetilongo akabanga esabheka lutho olusesandleni sakhe, ngokuba uJehova wayenaye, nalokho akwenzayo uJehova wakuphumelelisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## UGenesise 40

### Amaphupho omphathizitsha nomphekizinkwa

1Kwathi emva kwalezo zinto umphathizitsha wenkosi yaseGibithe nomphekizinkwa wayo bona enkosini yabo, inkosi yaseGibithe.

2UFaro wazithukuthelela lezo zinceku zakhe zombili, induna yabaphathizitsha nenduna yabaphekizinkwa.

3Wazibeka ukuba zilindwe endlini yenduna yemilindankosi etilongweni, indawo lapho wayeboshwe khona uJosefa.

4Induna yemilindankosi yamyala ngazo uJosefa ukuba azibheke; wazikhonza; zazisekulindweni izinsukwana.

5Baphupha iphupho bobabili, kwaba yilowo nalowo iphupho lakhe ngabusuku bunye, yilowo nalowo ngokokuchazwa kwephupho lakhe, umphathizitsha nomphekizinkwa wenkosi yaseGibithe, ababeboshwe etilongweni.

6UJosefa wangena kubo ekuseni, wabona ukuthi badabukile.

7Wayesebuza izinceku zikaFaro ezazinaye zilindwe endlini yenkosi yakhe, ethi: Ubuso benu budabukeleni namuhla na?

8Bathi kuye: Siphuphe iphupho, akakho ongalichaza. UJosefa wathi kubo: Ukuchaza akusikho okukaNkulunkulu na? Ake ningilandise lona.

9Induna yabaphathizitsha yayisimlandisa uJosefa iphupho layo, yathi kuye: Ephusheni lami kwakukhona umvini phambi kwami;

10emvinini kwakukhona amagatsha amathathu; wahluma qede wakhahlela, amahlukuzo awo athela izithelo.

11Indebe kaFaro yayisesandleni sami; ngathatha izithelo zomvini, ngazikhamela endebeni kaFaro, indebe ngayinikela esandleni sikaFaro.

12Wathi uJosefa kuye: Nakho ukuchazwa kwalo: lawo magatsha amathathu ayizinsuku ezintathu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13zingakadluli izinsuku ezintathu, uFaro uzakuphakamisa ikhanda lakho, akubuyisele esikhundleni sakho; uzakunikela indebe esandleni sikaFaro njengokwenza kwakho kwakuqala, lapho wawungumphathizitsha wakhe.

14Kepha ngikhumbule, nxa usuhlezi kahle, ungenzele umusa, ungibike kuFaro, ungikhiphe kule ndlu.

15Ngokuba ngebiwa nokwebiwa ezweni lamaHeberu, nalapha futhi angenzanga lutho ukuba bangifake emgodini.

16Kwathi induna yabaphekizinkwa ibona ukuthi lokho kuchazwa kwakukuhle, yathi kuJosefa: Nakimi ephusheni lami kwakungathi kukhona amaqoma amathathu esinkwa esimhlophe ekhanda lami.

17Eqomeni elingaphezulu kwakukhona izinhlobo zonke zokudla kukaFaro; izinyoni zazikudla eqomeni eliphezu kwekhanda lami.

18UJosefa waphendula wathi: Lokhu kungukuchazwa kwalo: lawo maqoma amathathu ayizinsuku ezintathu;

19zingakadluli izinsuku ezintathu, uFaro uzakuphakamisa ikhanda lakho, alisuse kuwe, akuphanyeke emthini; izinyoni ziyakudla inyama yakho, ziyisuse kuwe.

20Kwathi ngosuku lwesithathu, usuku lokuzalwa kukaFaro, wazenzela izinceku zakhe zonke idili, waphakamisa ikhanda lenduna yabaphathizitsha nelenduna yabaphekizinkwa phakathi kwezinceku zakhe.

21Wayibuyisela induna yabaphathizitsha esikhundleni sayo, waze wanikela indebe esandleni sikaFaro;

22kepha wayiphanyeka induna yabaphekizinkwa, njengalokho ebebachazele uJosefa.

23Nokho induna yabaphathizitsha ayamkhumbula uJosefa, yamkhohlwa.

## UGenesise 41

### Amaphupho kaFaro

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

1 Kwathi ngasekupheleni kweminyaka emibili waphupha uFaro; bheka, wayemi ngasemfuleni.

2 Bheka, kwakhuphuka emfuleni izithole eziyisikhombisa ezibukeka kahle, zikhuluphele, zadla emhlangeni.

3 Nazo ezinye izithole eziyisikhombisa zenyuka emfuleni emva kwazo, zibukeka kabi, zondile; zema kwezinye izithole ogwini lomfula.

4 Izithole ezibukeka kabi ezondileyo zadla izithole ezibukeka kahle ezikhulupheleyo. Wayesephaphama uFaro.

5 Walala ubuthongo, waphupha ngokwesibili; bheka, kwahluma izikhwebu eziyisikhombisa ezeleni linye, zibhoxile, zizinhle.

6 Bheka, nezikhwebu eziyisikhombisa ezincane, ezihamukile ngumoya wasempumalanga, zahluma emva kwazo.

7 Izikhwebu ezincane zagwinya izikhwebu ezibhoxileyo ezipheleleyo. Wayesephaphama uFaro; bheka, kwakuyiphupho.

8 Kwathi ekuseni umoya wakhe wakhathazeka; wathuma wabiza izanusi zonke zaseGibithe nezihlakaniphi zonke zalo; uFaro wazilandisa iphupho lakhe; kepha akubangakho ongachazela wona uFaro.

9 Yayisikhuluma induna yabaphathizitsha kuFaro, ithi: Ngiyakhumbula namuhla amacala ami.

10 UFaro wathukuthelela izinceku zakhe, wangifaka ukuba ngilindwe endlini yenduna yemilindankosi, mina kanye nenduna yabaphekizinkwa.

11 Saphupha iphupho ngabona lobo busuku mina naye. Saphupha, kwaba yilowo nalowo ngokokuchazwa kwephupho lakhe.

12 Kwakukhona nathi lapho insizwa, umHeberu, inceku yenduna yemilindankosi; sayilandisa yona, yasichazela amaphupho ethu, yachazela, kwaba yilowo nalowo ngokwephupho lakhe.

13 Kwathi njengalokho yasichazela, kwaba njalo; mina inkosi yangibuyisela esikhundleni sami, yena yamphanyeka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

14 UFaro wayesethuma wambiza uJosefa; bashesha bamkhipha emgodini; waphucula, waphendulela ezinye izingubo, wangena kuFaro.

15 Wayesethi uFaro kuJosefa: Ngiphuphe iphupho, kakho ongalichaza; sengizwe kuthiwa ngawe, lapho ulizwa iphupho, ungalichaza.

16 UJosefa wamphendula uFaro, wathi: Akukimi lokho; uNkulunkulu uzakumphendula kahle uFaro.

17 UFaro wakhuluma kuJosefa, wathi: Ephusheni lami, bheka, ngangimi ogwini lomfula;

18 bheka, kwase kukhuphuka emfuleni izithole eziyisikhombisa ezikhulupheleyo ezibukeka kahle; zadla emhlangeni.

19 Nazo ezinye izithole eziyisikhombisa zenyuka emva kwazo, zizacile, zibukeka kabi kakhulu, zondile, engingazange ngibone ezimbi njengalezo ezweni lonke laseGibithe.

20 Izithole ezondileyo ezimbi zadla eziyisikhombisa zokuqala ezikhulupheleyo.

21 Lapho sezingene eziswini zazo, akwabonakala ukuthi zingene eziswini zazo; zazisabukeka zizimbi njengakuqala. Ngase ngiphaphama.

22 Futhi ngabona ephusheni lami, bheka, kwahluma izikhwebu eziyisikhombisa ezeleni linye, ziphelele, zizinhle.

23 Bheka, nezikhwebu eziyizintshwamu ezincane, ezihamukile ngumoya wasempumalanga, zahluma emva kwazo.

24 Izikhwebu ezincane zagwinya izikhwebu eziyisikhombisa ezinhle; ngakulandisa izanusi, kepha sasingekho esingangazisa khona.

25 UJosefa wayesethi kuFaro: Iphupho likaFaro linye; lokho uNkulunkulu azakukwenza umazise uFaro khona.

26 Izithole eziyisikhombisa ezinhle ziyiminyaka eyisikhombisa; izikhwebu eziyisikhombisa ezinhle ziyiminyaka eyisikhombisa; iphupho linye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Izithole ezondileyo ezimbi ezakhuphuka emva kwazo ziyiminyaka eyisikhombisa kanye nezikhwebu ezincane, ezihamukile ngumoya wasempumalanga; ziyiminyaka eyisikhombisa yendlala.

28 Yikho lokhu engikushilo kuFaro: lokho uNkulunkulu asezakukwenza ukubonakalisile kuFaro.

29Bheka, kuyeza iminyaka eyisikhombisa yenala enkulu ezweni lonke laseGibithe.

30Emva kwayo iyakuvela iminyaka eyisikhombisa yendlala; iyakukhohlakala inala yonke ezweni laseGibithe; indlala iyakuliqeda izwe.

31Inala ayiyukwaziwa ezweni ngenxa yendlala elandelayo, ngokuba iyakuba nzima kakhulu.

32Lokhu ukuthi iphupho liphindwe kabili kuFaro, kungokuba le nto inqunywe nguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uyakushesha ayenze.

33 Manje uFaro makakhethe umuntu oqaphelayo ohlakaniphileyo, ambeke phezu kwezwe laseGibithe.

34Makenze njalo uFaro, abeke ababonisi phezu kwezwe, bahlukanise okwesihlanu kwezwe laseGibithe ngeminyaka eyisikhombisa yenala.

35Mababuthe konke ukudla kwale minyaka emihle ezayo, banqwabele phansi kwesandla sikaFaro amabele emizini, abe ngukudla, bawalonde.

36Lokhu kudla kuyakubekelelwa izwe ngenxa yeminyaka eyisikhombisa yendlala eyakuba khona ezweni laseGibithe ukuba izwe lingabhubhi ngendlala.

**Ukuphakanyiswa kukaJosefa**

37Leli zwi laba lihle emehlweni kaFaro nasemehlweni ezinceku zakhe zonke.

38Wayesethi uFaro ezincekwini zakhe: Singamthola yini umuntu onjalo, onoMoya kaNkulunkulu, na?

39Wathi uFaro kuJosefa: Njengokuba uNkulunkulu ekwazise wena konke lokhu, akakho oqaphelayo ohlakaniphileyo njengawe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

40 Wena uzakuba phezu kwendlu yami; ngezwi lakho bayakuhlelwa bonke abantu bami; esihlalweni sobukhosi kuphela ngiyakuba mkhulu kunawe.

41 Wathi uFaro kuJosefa: Bheka, sengikubeke phezu kwezwe lonke laseGibithe.

42 UFaro wayesekhumula indandatho yakhe esandleni sakhe, wayifaka esandleni sikaJosefa, wamembathisa izingubo zelineni elicolekileyo, wafaka umnaka wegolide entanyeni yakhe.

43 Wamkhwelisa enqoleni yesibili emva kwakhe; bamemeza phambi kwakhe, bathi: Guqani! Wambeka phezu kwezwe lonke laseGibithe.

44 UFaro wathi kuJosefa: NginguFaro; ngaphandle kwakho akuyikuphakamisa muntu isandla sakhe nonyawo lwakhe ezweni lonke laseGibithe.

45 UFaro waqamba igama likaJosefa ngokuthi uSafenati Phaneya; wamnika u-Asenati indodakazi kaPotifera umpristi wase-Oni abe ngumkakhe. UJosefa waphuma, wahamba izwe lonke laseGibithe.

46 UJosefa wayeneminyaka engamashumi amathathu mhla emi phambi kukaFaro inkosi yaseGibithe. UJosefa waphuma ebusweni bukaFaro, wahamba izwe lonke laseGibithe.

47 Ngeminyaka eyisikhombisa yenala umhlaba wathela kakhulu.

48 Waqoqa konke ukudla kwale minyaka eyisikhombisa eyayisezweni laseGibithe, wabekelela ukudla emizini; ukudla kwamasimu azungeza yilowo nalowo muzi wakubekelela kuwo.

49 UJosefa waqongelela amabele angangesihlabathi solwandle, okuningi kakhulu, waze wayeka ukubala, ngokuba kwakungenakubalwa.

**Indlala**

50 UJosefa wazalelwa amadodana amabili, kungakafiki mnyaka wendlala, amzalela wona u-Asenati indodakazi kaPotifera umpristi wase-Oni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

51UJosefa waqamba igama lezibulo ngokuthi uManase, wathi: Ngokuba uNkulunkulu ungenze ngikhohlwe konke ukuhlupheka kwami nendlu yonke kababa.

52Igama lowesibili waliqamba ngokuthi u-Efrayimi, wathi: Ngokuba uNkulunkulu ungenze ngizale ezweni lokuhlupheka kwami.

53Iminyaka eyisikhombisa yenala eyayisezweni laseGibithe yaphela.

54 Iminyaka eyisikhombisa yendlala yayisiqala ukufika, njengalokho eshilo uJosefa; kwakuyindlala emazweni onke; kepha ezweni lonke laseGibithe ukudla kwakukhona.

55Kwathi selilambile izwe lonke laseGibithe, abantu bakhala kuFaro ngokudla; uFaro wathi kubo bonke abaseGibithe: Yanini kuJosefa; lokho anitshela khona, nikwenze.

56Indlala yayisebusweni bezwe lonke; uJosefa wavula zonke izinqolobane, wathengisela abaseGibithe; indlala yayinzima ezweni laseGibithe.

57Amazwe onke afika kuJosefa eGibithe ukuyothenga amabele, ngokuba indlala yayinzima emhlabeni wonke.

## UGenesise 42

### Uhambo lokuqala lwabafowabo bakaJosefa beya eGibithe

1UJakobe esezwile ukuthi kukhona amabele eGibithe, uJakobe wathi emadodaneni akhe: Nibukanelani na?

2Wathi: Bhekani, ngizwile ukuthi kukhona amabele eGibithe; yehlani, niye lapho, nisithengele khona, ukuze siphile, singafi.

3Base behla abafowabo bakaJosefa abayishumi, baya kuthenga amabele eGibithe.

4Kepha uBenjamini umfowabo kaJosefa uJakobe akamthumanga nabafowabo, ngokuba wathi: Angahle ehlelwe ngokubi.

5Ayesefika amadodana ka-Israyeli ukuthenga phakathi kwalabo ababefika, ngokuba kwakukhona indlala ezweni laseKhanani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society of south africa

[6]UJosefa wayengumbusi ezweni; nguyena owathengisela abantu bonke bezwe; bafika-ke abafowabo bakaJosefa, bamkhothamela ngobuso phansi.

[7]UJosefa wabona abafowabo, wabazi, kepha wazishaya ongabaziyo kubo, wakhuluma kalukhuni kubo, wathi kubo: Nivelaphi na? Bathi: Sivela ezweni laseKhanani, size ukuthenga ukudla.

[8]UJosefa wabazi abafowabo, kepha bona abamazanga.

[9] UJosefa wayesekhumbula amaphupho awaphupha ngabo, wathi kubo: Niyizinhloli; nize ukubona ubuze bezwe.

[10]Bathi kuye: Qha, nkosi, izinceku zakho zize ukuba zithenge ukudla.

[11]Sonke singamadodana andodanye; singabantu abaqotho; izinceku zakho aziyizo izinhloli.

[12]Wathi kubo: Qhabo, nize ukubona ubuze bezwe.

[13] Base bethi kuye: Thina zinceku zakho ziyizelamani eziyishumi nambili, amadodana andodanye ezweni laseKhanani; bheka, encane ikubaba manje, enye ayisekho.

[14]UJosefa wathi kubo: Yikho lokhu engikushilo kini ukuthi niyizinhloli.

[15] Niyakuvivinywa ngalokhu, kuphila kukaFaro, aniyikumuka lapha, kuphela uma umfowenu omncane efika lapha.

[16]Thumani omunye wenu, amlande umfowenu; nizakuboshwa, ukuze kuvivinywe amazwi enu ukuba iqiniso likini yini; uma kungenjalo, kuphila kukaFaro, niyizinhloli.

[17]Wababutha bonke ukuba balindwe izinsuku ezintathu.

[18]Wayesethi kubo uJosefa ngosuku lwesithathu: Yenzani lokhu, niphile, ngokuba ngiyamesaba uNkulunkulu.

[19]Uma ningabaqotho, makuboshwe omunye wabafowenu endlini yokulindwa kwenu, kepha hambani nina, nibuyele namabele endlala yezindlu zenu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]nilethe umfowenu omncane kimi, kuqiniswe amazwi enu, nize ningafi. Benze njalo.

[21]Base bethi omunye komunye: Impela sitholile icala ngomfowethu, njengokuba sabona usizi lwenhliziyo yakhe, esincenga, kasamlalela; ngalokho lolu sizi selufike phezu kwethu.

[22] URubeni wabaphendula wathi: Angikhulumanga yini kini ukuthi: Ningamoni umfana, kanangilalela, na? Bhekani, ngalokho seliyabizwa igazi lakhe.

[23]Babengazi ukuthi uJosefa uyabezwa, ngokuba kwakukhona ihumusha phakathi kwabo.

[24]Wabafulathela, wakhala; wabuye waphendukela kubo, wakhuluma nabo; wayesemsusa uSimeyoni phakathi kwabo, wambopha phambi kwamehlo abo.

[25]UJosefa wayeseyala ukuba amasaka abo agcwaliswe ngamabele, kubuyiselwe imali yalowo nalowo esakeni lakhe, baphiwe umphako endleleni; kwenziwa njalo kubo.

[26]Base bethwesa izimbongolo zabo ngamabele abo, bamuka khona.

[27]Kwathi omunye evula isaka lakhe ukuba ayinike imbongolo yakhe ukudla endlini yezihambi, wabona imali yakhe; bheka, yayisemlonyeni wesaka lakhe.

[28]Wayesethi kubafowabo: Imali yami ibuyiselwe; bhekani, isesakeni lami. Baphela amandla, babhekana omunye nomunye bethuthumela, bethi: Kuyini lokhu uNkulunkulu asenzele khona na?

[29]Bafika-ke kuJakobe uyise ezweni laseKhanani, bamtshela konke okubehleleyo, bathi:

[30] Lowo muntu, inkosi yezwe, ukhulume kalukhuni kithina, wasishaya izinhloli zezwe.

[31]Sase sithi kuye: Singabaqotho; asiyizo izinhloli;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32siyizelamani eziyishumi nambili, amadodana kababa; enye ayisekho, encane ikubaba ezweni laseKhanani manje.

33 Lowo muntu, inkosi yezwe, wayesethi kithi: Ngalokhu ngiyokwazi ukuthi ningabaqotho: shiyani kimi omunye wabafowenu, niphathele indlala yezindlu zenu ukudla, nimuke,

34nilethe kimi umfowenu omncane; yikhona ngiyokwazi ukuthi aniyizo izinhloli kepha ningabaqotho, ngininike umfowenu, nihambe izwe.

35Kwathi sebethulula amasaka abo, bheka, isikhwama semali salowo nalowo sasisesakeni lakhe; lapho bona noyise bebona izikhwama zabo zemali, bashaywa luvalo.

36UJakobe uyise wayesethi kubo: Niyangaphuca abantwana bami; uJosefa akasekho, noSimeyoni kasekho; senizakuthatha noBenjamini; kuphezu kwami konke lokhu.

37Wayesekhuluma uRubeni kuyise, ethi: Bulala amadodana ami omabili, uma ngingambuyiseli kuwe; mnikele esandleni sami, ngizakumbuyisela kuwe.

38Wathi: Indodana yami ayiyikwehla nani, ngokuba umfowabo ufile, kusele yona yodwa; uma yehlelwa yingozi endleleni eniyihambayo, niyakwehlisela endaweni yabafileyo izimvi zami ngosizi.

## UGenesise 43

### Uhambo lwesibili lwabafowabo bakaJosefa beya eGibithe

1Indlala yayinzima ezweni.

2Kwathi sebeqedile amabele ababewathengile eGibithe, uyise wathi kubo: Buyelani, nisithengele ukudlana.

3UJuda wakhuluma kuye, wathi: Lowo muntu wagoma nokugoma kithina, wathi: Aniyikubona ubuso bami, kuphela uma umfowenu enani.

4Uma umthuma nathi umfowethu, sizakwehla, sithenge ukudla;

5kepha uma ungamthumi, asizukwehla, ngokuba lowo muntu wathi kithina: Aniyikubona ubuso bami, kuphela uma umfowenu enani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Wayesethi u-Israyeli: Ningenzeleni okubi ngokumtshela lowo muntu ukuthi
ukhona omunye umfowenu na?

7Bathi: Wabuza nokubuza lowo muntu ngathi nangezihlobo zethu, wathi:
Usekhona uyihlo na? Ninomunye umfowenu na? Samlandisa njengalawa
mazwi; sasingakwazi kanjani ukuba uyakuthi: Yehlisani umfowenu, na?

8UJuda wathi ku-Israyeli uyise: Thuma umfana nami, size sisuke, sihambe
ukuba siphile, singafi, thina nawe kanye nezingane zethu.

9Mina ngiyakuba yisibambiso sakhe; uzakumbiza esandleni sami; uma
ngingambuyiseli kuwe, ngimbeke ebusweni bakho, ngiyakuba necala kuze
kube phakade,

10ngokuba uma sasingalibalanga, impela nga sesibuyile manje ngokwesibili.

11Uyise u-Israyeli wayesethi kubo: Uma kunjalo, yenzani lokhu; phathani
izithelo ezikhethiweyo zezwe emasakeni enu, nimehlisele lowo muntu isipho,
ibhalisamu eliyingcosana, nezinyosi eziyingcosana, namakha, nemure,
namapisitakiyo, nama-alimondi,

12niphathe esandleni senu imali iphindwe kabili; naleyo mali eyabuyiselwa
emilonyeni yamasaka enu, niyihambise ngesandla senu; mhlawumbe
kwenzeka iphutha.

13Nithathe futhi umfowenu, nisuke nibuyele kulowo muntu.

14UNkulunkulu uSomandla aniphe umusa ebusweni balowo muntu, ukuze
anikhululele umfowenu lowo omunye kanye noBenjamini; kepha mina, uma
ngaphucwa abantwana, ngiyaphucwa.

15Amadoda ayesethatha leso sipho nemali ephindwe kabili esandleni sawo
kanye noBenjamini, asuka ehlela eGibithe, ema ebusweni bukaJosefa.

16UJosefa esembona uBenjamini enabo, wathi kophezu kwendlu yakhe:
Ngenisa lawa madoda endlini, uhlabe, ulungise, ngokuba lawa madoda
ayakudla nami emini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

17Lowo muntu wenza njengalokho eshilo uJosefa; inceku yawangenisa amadoda endlini kaJosefa.

18Amadoda esaba, ngokuba angeniswa endlini kaJosefa, athi: Singeniswe lapha ngenxa yemali eyabuyiselwa emasakeni ethu kuqala ukuba asizume, asehlele, asenze izigqila kanye nezimbongolo zethu.

19Asondela-ke encekwini yendlu kaJosefa, akhuluma kuyo ngasemnyango wendlu,

20athi: O nkosi, ngempela safika kuqala ukuthenga ukudla.

21Kwathi sesifike endlini yezihambi, savula amasaka ethu; bheka, imali yalowo nalowo yayisemlonyeni wesaka lakhe, imali yethu ngokulinganiswa kwayo; sesiyibuyisile ngesandla sethu.

22Sehle nenye imali esandleni sethu ukuba sithenge ukudla; asazi ukuthi ngubani owayifaka imali yethu emasakeni ethu.

23Yayisithi kubo: Ukuthula makube kinina; ningesabi; uNkulunkulu wenu noNkulunkulu kayihlo uniphe igugu emasakeni enu; imali yenu ngayithola. Yaphumisa uSimeyoni, yamletha kubo.

24Inceku yayisingenisa amadoda endlini kaJosefa, yawanika amanzi; ageza izinyawo zawo; yazipha izimbongolo zawo ukudla.

25Alungisela uJosefa isipho, ezofika emini, ngokuba ayezwile ukuthi ayakudla khona.

26UJosefa esefike ekhaya, ayisa kuye endlini isipho esasisesandleni sawo, akhothamela phansi kuye.

27Wabuza impilo yabo, wathi: Usaphila uyihlo, ixhegu enanikhuluma ngalo, na? Usekhona na?

28Bathi-ke: Inceku yakho ubaba isaphila, isekhona. Bamkhothamela, bamkhonza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[29]Wayesephakamisa amehlo akhe, wambona uBenjamini umfowabo, indodana kanina, wathi: Nguye lo ongumfowenu omncane enakhuluma ngaye kimi na? Wathi: UNkulunkulu makabe nomusa kuwe ndodana yami.

[30]Wakhawuleza uJosefa, ngokuba ngaphakathi kwakhe kwavutha isihe ngomfowabo; wafuna lapho angakhala khona, wangena ekamelweni lakhe, wakhala khona.

[31]Wageza ubuso bakhe, waphuma; wazibamba, wathi: Lethani ukudla.

[32] Bambekela ukudla ngokwakhe, nalabo ngokwabo, nabaseGibithe abadla naye ngokwabo, lokhu abaseGibithe bangedle namaHeberu, ngokuba kuyanengeka kubo abaseGibithe.

[33]Bahlala phambi kwakhe, izibulo njengobuzibulo balo nomncane njengobuncane bakhe; abantu bamangala omunye nomunye.

[34]Wabathathela izabelo kulokho okwakuphambi kwakhe, kepha isabelo sikaBenjamini saphindwa kahlanu silinganiswa nesabo. Baphuza, bathokoza naye.

## UGenesise 44

### UJosefa uyavivinya abafowabo

[1]Wayala inceku yendlu yakhe, wathi: Gcwalisa amasaka alawa madoda ngokudla okulingene namandla abo okuthwala, ufake imali yalowo nalowo emlonyeni wesaka lakhe.

[2]Ufake indebe yami, indebe yesiliva, emlonyeni wesaka lomncane kanye nemali yamabele akhe. Yenza-ke njengezwi likaJosefa alishilo.

[3]Ngakusasa nxa sekusile, amadoda amukiswa, wona nezimbongolo zawo.

[4]Esephumile emzini, engakabi kude, uJosefa wathi encekwini yakhe: Suka ulandele lawo madoda; nxa uwafica, yisho kuwo ukuthi: Niphindiseleni okuhle ngokubi na?

[5]Lena akusiyo indebe inkosi yami ephuza ngayo, ebhula ngayo, na? Nenze kabi ngokwenze njalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Yawafica, yakhuluma kuwo lawa mazwi.

7 Ayesethi kuyo: Inkosi yami ikhulumelani amazwi anjengalawa? Akube kude nezinceku zakho ukwenze njalo.

8 Bheka, imali esayifumana emilonyeni yamasaka ethu sayibuyisa ezweni laseKhanani, sayiletha kuwe; pho, besingeba kanjani endlini yenkosi yakho isiliva noma igolide na?

9 Lowo wasezincekwini zakho eyakutholwa kuye, makafe yena, thina sibe yizigqila zenkosi yami.

10 Yathi: Kalokhu makube njengamazwi enu; lowo ezakutholakala kuye makabe yisigqila sami, nina ningabi nacala.

11 Ayesesheshe ukwehlisela phansi, kwaba yileyo naleyo isaka layo, yileyo naleyo yavula isaka layo.

12 Yanyalula, yaqala ngenkulu yagcina ngencane; indebe yatholwa esakeni likaBenjamini.

13 Ayeseklebhula izingubo zawo, yileyo naleyo yethwesa imbongolo yayo, abuyela emzini.

14 UJuda nabafowabo bafika endlini kaJosefa; wayesekhona lapho; bawa phansi phambi kwakhe.

15 UJosefa wayesethi kubo: Isenzo sini lesi enisenzileyo na? Beningazi yini ukuthi umuntu onjengami angabhula nokubhula na?

16 Wathi uJuda: Sizakuthini enkosini yami na? Sizakukhulumani? Sizakuzihlanguza kanjani? UNkulunkulu ufumene ububi bezinceku zakho; bheka, siyizigqila zenkosi yami thina naye etholakele esandleni sakhe indebe.

17 Wathi: Makube kude kimi ukwenze njalo; umuntu etholakele esandleni sakhe indebe uyakuba yisigqila sami, kepha nina manihambe kahle, nenyuke, niye kuyihlo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18UJuda wayesesondela kuye, ethi: O nkosi yami, inceku yakho mayikhulume izwi ezindlebeni zenkosi yami, ungavuthi ulaka ngenceku yakho, ngokuba ungangoFaro wena.

19Inkosi yami yabuza izinceku zayo, yathi: Ninoyihlo, ninomfowenu, na?

20 Sase sithi enkosini yami: Sinobaba, ixhegu, nomntwana wobuxhegu bakhe omncane; umnewabo ufile, usesele yedwa kwabakanina; uyise uyamthanda.

21 Wawusuthi ezincekwini: Mehliseni kimi ukuba ngimbone ngamehlo ami.

22Sathi enkosini: Umfana akanakumshiya uyise; uma emshiya, uyise uzakufa.

23Wathi wena ezincekwini zakho: Uma umfowenu omncane engehli nani, anisayikubuye nibone ubuso bami.

24Kwathi sesikhuphukele encekwini yakho ubaba, samlandisa amazwi enkosi.

25 Wathi ubaba: Buyelani, nisithengele ukudlana.

26Sathi thina: Asinakwehla. Uma umfowethu omncane enathi, siyakwehla, ngokuba asinakubona ubuso balowo muntu, uma umfowethu omncane engenathi.

27 Yayisithi kithi inceku yakho ubaba: Niyazi ukuthi umkami wangizalela amadodana amabili.

28 Enye yaphuma kimi; ngathi: Impela idatshuliwe nokudatshulwa; angiyiboni kuze kube manje.

29Nanxa nithatha nalena, niyisuse kimi, yehlelwa yingozi, niyakwehlisela izimvi zami endaweni yabafileyo ngosizi.

30 Kalokhu nxa ngifika encekwini yakho ubaba, umfana engenathi, lokhu inhliziyo yakhe ibambelele enhliziyweni yomfana,

31kuzakuthi lapho ebona ukuthi umfana akakho, afe, izinceku zakho zibe zehlisela endaweni yabafileyo izimvi zenceku yakho ubaba ngosizi.

32 Ngokuba inceku yakho yaba yisibambiso somfana kubaba, yathi: Uma ngingambuyiseli kuwe, ngiyakuba necala kubaba kuze kube phakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[33] Ngalokho inceku yakho ake ihlale esikhundleni somfana, ibe yisigqila senkosi, umfana akhuphuke nabafowabo.

[34]Ngokuba ngingakhuphukela kanjani kubaba, umfana engenami, funa ngibone okubi okuzakumehlela ubaba, na?

## UGenesise 45

### UJosefa uyaziveza kubafowabo

[1]Khona uJosefa wayengasenakuzibamba phambi kwabo bonke ababemi naye, wakhala wathi: Phumisani kimi abantu bonke. Kwakungemi muntu naye, uJosefa esazazisa kubafowabo.

[2]Wayesephakamisa izwi ngokukhala, abaseGibithe bakuzwa, nendlu kaFaro yakuzwa.

[3]Wathi uJosefa kubafowabo: NginguJosefa; ubaba usekhona na? Abafowabo babengenakumphendula, ngokuba bashaqeka ebusweni bakhe.

[4] UJosefa wayesethi kubafowabo: Ake nisondele kimi. Basondela-ke. Wayesethi: NginguJosefa umfowenu enathengisa ngaye eGibithe.

[5]Manje ningabi buhlungu, ningazithukutheleli ukuthi nathengisa ngami lapha, ngokuba uNkulunkulu wangithuma phambi kwenu ukulondoloza impilo.

[6]Ngokuba isimibili iminyaka indlala ikhona ezweni; kusasele iminyaka eyisihlanu okungayikulinywa, kuvunwe ngayo.

[7]UNkulunkulu wangithuma ngaphambi kwenu ukunilondoloza, nibe yinsali emhlabeni, nisindiswe kube ngukukhululwa okukhulu.

[8] Kalokhu akuyinina enangithuma lapha, kepha uNkulunkulu; ungibeke uyise kaFaro, nenkosi yendlu yakhe yonke, nombusi wezwe lonke laseGibithe.

[9]Sheshani nikhuphuke, niye kubaba, nithi kuye: Uthe uJosefa indodana yakho: UNkulunkulu ungibeke inkosi yalo lonke iGibithe; yehla, uze kimi, ungalibali.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Uyakuhlala ezweni laseGosheni, ube seduze nami, wena nabantabakho, nabantwana babantabakho, nezimvu zakho, nezinkomo zakho, nakho konke onakho,

11ngikondlele khona, ngokuba kuseyiminyaka eyisihlanu yendlala, funa uswele, wena nomuzi wakho, nakho konke onakho.

12 Bhekani, amehlo enu ayabona kanye namehlo omfowethu uBenjamini ukuthi yiwo umlomo wami okhuluma kinina.

13Niyakumlandisa ubaba yonke inkazimulo yami eGibithe, nakho konke enikubonileyo, nisheshe nehlise ubaba, nimlethe lapha.

14Wayesewa entanyeni yomfowabo uBenjamini, wakhala; noBenjamini wakhala ngasentanyeni yakhe.

15Wabanga bonke abafowabo, wakhalela kubo; emva kwalokho abafowabo bakhuluma naye.

### Abafowabo bakaJosefa babuyela ekhaya

16Leli zwi lezwakala endlini kaFaro, lithi: Abafowabo bakaJosefa bafikile. Kwaba kuhle emehlweni kaFaro nasemehlweni ezinceku zakhe.

17UFaro wayesethi kuJosefa: Yisho kubafowenu ukuthi: Yenzani lokhu: thwesani izimbongolo zenu, nihambe niye ezweni laseKhanani,

18nithathe uyihlo nemizi yenu, nize kimi, nginiphe okuhle kwezwe laseGibithe, nize nidle amanoni ezwe.

19 Usuyaliwe: Yenzani lokhu: Nithathele izingane zenu nawomkenu izinqola ezweni laseGibithe, nilethe uyihlo, bese niza.

20Futhi ningakhathaleli impahla yenu, ngokuba okuhle kwezwe lonke laseGibithe kungokwenu.

21Enze njalo amadodana ka-Israyeli. UJosefa wabapha izinqola njengesiyalo sikaFaro, wabanika nomphako wendlela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Kubo bonke, kwaba yilowo nalowo, wanika izingubo zokuphendulela; kepha uBenjamini wamupha izinhlamvu ezingamakhulu amathathu zesiliva nezingubo eziyisihlanu zokuphendulela.

23Kuyise wathuma kanje: izimbongolo eziyishumi, zithwesiwe izinto ezinhle zaseGibithe, nezimbongolokazi eziyishumi, zithwesiwe amabele, nesinkwa, nomphako kayise endleleni.

24Wayesebamukisa abafowabo, bahamba; wathi kubo: Ningaxabani endleleni.

25Bakhuphuka eGibithe, bafika ezweni laseKhanani kuJakobe uyise.

26Bamtshela bathi: UJosefa usekhona, ungumbusi ezweni lonke laseGibithe. Inhliziyo yakhe yayisiphela amandla, ngokuba akakholwanga yibo.

27Bamlandisa onke amazwi kaJosefa abewashilo kubo; lapho esebona izinqola abezithumile uJosefa zokumthwala, umoya kaJakobe uyise wavuselelwa.

28 Wathi u-Israyeli: Kwanele; uJosefa indodana yami usekhona; ngizakuhamba ngimbone ngingakafi.

## UGenesise 46

### UJakobe uya eGibithe

1U-Israyeli wasuka nakho konke okwakhe, wafika eBeri Sheba, wanikela iminikelo kuNkulunkulu kayise u-Isaka.

2UNkulunkulu wakhuluma ku-Israyeli ngemibono yasebusuku, wathi: Jakobe, Jakobe! Wathi: Ngilapha.

3Wayesethi: NginguNkulunkulu, uNkulunkulu kayihlo; ungesabi ukwehlela eGibithe, ngokuba ngiyakukwenza khona isizwe esikhulu.

4Mina ngiyakwehla, ngiye nawe eGibithe; impela ngizakubuye ngikukhuphule futhi. UJosefa uyakubeka isandla sakhe phezu kwamehlo akho.

5UJakobe wayesesuka eBeri Sheba; amadodana ka-Israyeli amthwala uJakobe uyise, nezingane zawo, nawomkawo ezinqoleni abezithumile uFaro zokumthwala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

6 Bathatha imfuyo yabo nempahla yabo ababeyizuze ezweni laseKhanani, bafika eGibithe, uJakobe nayo yonke inzalo yakhe kanye naye.

7 Amadodana akhe, namadodana amadodana akhe, namadodakazi akhe, namadodakazi amadodana akhe, nayo yonke inzalo yakhe wayiletha kanye naye eGibithe.

**Inzalo kaJakobe**

8 Lawa angamagama abantwana bakwa-Israyeli abafika eGibithe, uJakobe namadodana akhe: nguRubeni izibulo likaJakobe.

9 Amadodana kaRubeni: ngoHanoki, noPhalu, noHesironi, noKarmi.

10 Amadodana kaSimeyoni: ngoJemuweli, noJamini, no-Ohade, noJakini, noSohari, noShawule, indodana yowesifazane waseKhanani.

11 Amadodana kaLevi: ngoGereshoni, noKohati, noMerari.

12 Amadodana kaJuda: ngo-Eri, no-Onani, noShela, noPheresi, noZera; kepha o-Eri no-Onani bafela ezweni laseKhanani. Amadodana kaPheresi ayengoHesironi noHamule.

13 Amadodana ka-Isakare: ngoThola, noPhuva, noJobe noShimroni.

14 Amadodana kaZebuloni: ngoSeredi, no-Eloni, noJaleli.

15 Yilawo angamadodana kaLeya amzalela wona uJakobe ePhadani Aramu kanye noDina indodakazi yakhe; yonke imiphefumulo yamadodana akhe namadodakazi akhe yayingamashumi amathathu nantathu.

16 Amadodana kaGadi: ngoSifijoni, noHagi, noShuni, no-Esiboni, no-Eri, no-Arodi, no-Areli.

17 Amadodana ka-Asheri: ngoJimna, no-Ishiva, no-Ishivi, noBeriya, kanye noSera udadewabo; amadodana kaBeriya: ngoHebere noMalikiyeli.

18 Yilawo angamadodana kaZilipa uLabani amnika yena uLeya indodakazi yakhe; wamzalela wona uJakobe, abantu abayishumi nesithupha.

19 Amadodana kaRaheli umkaJakobe: ngoJosefa noBenjamini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20] KuJosefa kwazalelwa ezweni laseGibithe oManase no-Efrayimi, amzalela bona u-Asenati indodakazi kaPotifera umpristi wase-Oni.

[21]Amadodana kaBenjamini: ngoBela, noBekeri, no-Ashibeli, noGera, noNahamani, no-Ehi, noRoshe, noMuphimi, noHuphimi, no-Arida.

[22]Yilawo angamadodana kaRaheli azalelwa wona uJakobe; bonke abantu babe yishumi nane.

[23] Amadodana kaDani: nguHushimi.

[24]Amadodana kaNafetali: ngoJaseli, noGuni, noJeseri, noShilemi.

[25]Yilawo angamadodana kaBiliha uLabani amnika uRaheli indodakazi yakhe; wamzalela wona uJakobe; bonke abantu babe yisikhombisa.

[26]Bonke abantu abeza noJakobe eGibithe abaphuma okhalweni lwakhe, ngaphandle kwabafazi bamadodana kaJakobe, bonke abantu babe ngamashumi ayisithupha nesithupha.

[27] Amadodana kaJosefa azalelwa wona eGibithe ayengabantu ababili; bonke abantu bendlu kaJakobe abeza eGibithe babe ngamashumi ayisikhombisa.

### UJakobe uhlangana noJosefa

[28]Wathuma uJuda ngaphambi kwakhe kuJosefa ukuyokhomba phambi kwakhe indlela eya eGosheni.

[29]UJosefa wayesebophela inqola yakhe, wakhuphuka ukumhlangabeza u-Israyeli uyise eGosheni; wazibonakalisa kuye, wawa entanyeni yakhe, wakhala ngasentanyeni yakhe isikhathi eside.

[30]U-Israyeli wayesethi kuJosefa: Sengingafa, lokhu ngibone ubuso bakho ukuthi usekhona.

[31]UJosefa wathi kubafowabo nakuyo indlu kayise: Ngizakukhuphuka, ngimtshele uFaro, ngithi kuye: Abafowethu nendlu kababa ababesezweni laseKhanani sebefike kimi.

[32]Lawa madoda angabelusi bezimvu, ngokuba ayengamadoda emfuyo; aselethile izimvu zawo, nezinkomo zawo, nakho konke anakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

33Kuyakuthi lapho uFaro enibiza athi: Uyini umsebenzi wenu,

34 anothi: Izinceku zakho zingabantu bemfuyo kwasebusheni bethu kuze kube manje, thina nawobaba, ukuze nihlale ezweni laseGosheni, ngokuba wonke umalusi wezimvu uyanengeka kwabaseGibithe.

## UGenesise 47

### UJakobe ephambi kukaFaro

1UJosefa wayesengena, wamtshela uFaro, wathi: Ufikile ubaba nabafowethu, nezimvu zabo, nezinkomo zabo, nakho konke abanakho, bephuma ezweni laseKhanani; bheka, sebesezweni laseGosheni.

2Phakathi kwabafowabo wathatha amadoda ayisihlanu, wawabeka phambi kukaFaro.

3UFaro wayesethi kubafowabo: Uyini umsebenzi wenu na? Bathi kuFaro: Izinceku zakho zingabelusi, thina nawobaba.

4Bathi kuFaro: Size ukugogobala ezweni, ngokuba akukho dlelo lemihlambi yezinceku zakho, lokhu indlala inzima ezweni laseKhanani; ngalokho izinceku zakho mazakhe ezweni laseGosheni.

5Wayesekhuluma uFaro kuJosefa, ethi: Uyihlo nabafowenu beze kuwe;

6izwe laseGibithe lisebusweni bakho; mhlalise uyihlo nabafowenu ezweni elihle kunalo lonke, ubahlalise ezweni laseGosheni; uma uwazi phakathi kwabo amadoda anamandla, wabeke abe yizinduna zezinkomo zami.

7UJosefa wayesemngenisa uJakobe uyise, wambeka phambi kukaFaro; uJakobe wambusisa uFaro.

8Wathi uFaro kuJakobe: Zingaki izinsuku zeminyaka yokuhamba kwakho na?

9 UJakobe wathi kuFaro: Izinsuku zeminyaka yokugogobala kwami ziyiminyaka eyikhulu namashumi amathathu; ziyingcosana, zimbi izinsuku zeminyaka yokuhamba kwami, azifinyelelanga ezinsukwini zeminyaka yokuhamba kwawobaba emihleni yokugogobala kwabo.

10UJakobe wayesembusisa uFaro, wasuka ebusweni bukaFaro.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[11]UJosefa wababhlalisa uyise nabafowabo, wabapha indawo ezweni laseGibithe, izwe elihle kunalo lonke, izwe likaRamsese, njengalokho uFaro ebayalile.

[12]UJosefa wamondla uyise, nabafowabo, nendlu yonke kayise ngokudla ngokwemilomo yezingane zabo.

### Izwe laseGibithe nabantu abakulo babekwa phansi kukaFaro nguJosefa

[13]Ukudla kwakungekho ezweni lonke, ngokuba indlala yayinzima kakhulu; izwe laseGibithe nezwe laseKhanani afa indlala.

[14]UJosefa waqoqa yonke imali eyatholakala ezweni laseGibithe nasezweni laseKhanani ngamabele ababewathengile; uJosefa wayiyisa imali endlini kaFaro.

[15]Isiphelile imali ezweni laseGibithe nasezweni laseKhanani, bonke abaseGibithe beza kuJosefa, bathi: Siphe ukudla; siyakufelani phambi kwakho na? Ngokuba isiphelile imali.

[16]Wayesethi uJosefa: Lethani izinkomo zenu; ngizakuninika ngezinkomo zenu, uma imali ingekho.

[17]Baletha-ke izinkomo zabo kuJosefa; uJosefa wabenanela ukudla ngamahhashi, nangezimvu, nangezinkomo, nagezimbongolo; wabapha ukudla ngezinkomo zabo zonke ngalowo mnyaka.

[18]Usuphelile lowo mnyaka, beza kuye ngomnyaka wesibili, bathi kuye: Asiyikufihlela inkosi ukuthi imali yethu yonke isiphelile; imihlambi yezinkomo isingeyenkosi; akukho okuseleyo emehlweni enkosi ngaphandle kwemizimba yethu namazwe ethu.

[19]Siyakufelani phambi kwakho thina namazwe ethu na? Sithenge thina namazwe ethu ngokudla, sibe yizinceku zikaFaro thina namazwe ethu; siphe imbewu ukuba siphile, singafi, izwe lingachitheki.

[20]UJosefa wamthengela uFaro izwe lonke laseGibithe, ngokuba bonke abaseGibithe bathengisa ngamasimu abo, lokhu indlala yayinzima phezu kwabo; izwe lase liba ngelikaFaro.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Abantu wabayisa emizini, ebasusa komunye umncele wezwe laseGibithe kwaze kwaba komunye umncele walo.

22 Yizwe lababapristi kuphela angalithenganga, ngokuba abapristi babethole isabelo kuFaro, badla isabelo sabo abapha sona uFaro; ngalokho abathengisanga ngezwe labo.

23 UJosefa wayesethi kubantu: Bhekani, namuhla nginithengile nibe ngabakaFaro nina nezwe lenu; nansi imbewu yenu, nize nihlwanyele emhlabathini.

24 Kuyakuthi ezithelweni nimnike uFaro okwesihlanu, izinxenye ezine zibe ngezenu, kube yimbewu yamasimu, nokudla kwenu nokwabendlu yenu, nokudla kwezingane zenu.

25 Base bethi: Usisindisile; masifumane umusa emehlweni enkosi, sibe yizinceku zikaFaro.

26 UJosefa washaya umthetho ngezwe laseGibithe kuze kube namuhla wokuthi uFaro uzakuba nokwesihlanu; kuphela izwe lababapristi bodwa alibanga yilo elikaFaro.

27 U-Israyeli wahlala ezweni laseGibithe ezweni laseGosheni; bafuya khona, bazala, banda kakhulu.

28 UJakobe wahlala ezweni laseGibithe iminyaka eyishumi nesikhombisa; izinsuku zikaJakobe, iminyaka yokuhamba kwakhe, zaziyiminyaka eyikhulu namashumi amane nesikhombisa.

29 Kwase kusondela isikhathi ayesezakufa ngaso u-Israyeli; wayesebiza indodana yakhe uJosefa, wathi kuye: Uma ngifumene umusa emehlweni akho, ake ubeke isandla sakho phansi kwethanga lami, ungenzele umusa neqiniso: ake ungangimbeli eGibithe.

30 Kepha lapho sengilele kobaba, uze ungikhiphe eGibithe, ungimbele ethuneni labo. Wathi: Ngizakwenza njengezwi lakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

31 Wayesethi kuye: Funga kimi. Wayesefunga kuye. U-Israyeli wakhothama esihlokweni sombhede.

## UGenesise 48

### UJakobe ubusisa uJosefa namadodana akhe

1Kwathi emva kwalezo zinto kwathiwa kuJosefa: Bheka, uyihlo uyagula. Wayesethatha amadodana akhe omabili, oManase no-Efrayimi.

2Kwase kushiwo kuJakobe ukuthi: Bheka, indodana yakho uJosefa iyeza kuwe. Wayeseziqinisa u-Israyeli, wahlala embhedeni.

3 UJakobe wathi kuJosefa: UNkulunkulu uSomandla wabonakala kimi eLuze ezweni laseKhanani, wangibusisa,

4wathi kimi: Bheka, ngizakukuchumisa, ngikwandise, ngikwenze izizwe eziningi, ngiyiphe inzalo yakho leli zwe emva kwakho libe yifa elingunaphakade.

5 Manje amadodana akho amabili owazalelwa wona ezweni laseGibithe, ngingakafiki kuwe eGibithe, angawami; o-Efrayimi noManase njengoRubeni noSimeyoni bazakuba ngabami.

6Kepha inzalo yakho oyizala emva kwabo izakuba ngeyakho; iyakubizwa ngegama labafowabo efeni lalabo.

7 Kepha mina ekusukeni kwami ePhadani Aramu ngafelwa nguRaheli endleleni ezweni laseKhanani, kuse yibangana ukuya e-Efrati; ngammbela khona endleleni eya e-Efrati (eliyiBetlehema).

8U-Israyeli wabona amadodana kaJosefa, wathi: Ngobani laba na?

9UJosefa wathi kuye: Ngamadodana ami angiphe wona lapha uNkulunkulu. Wayesethi: Ake uwalethe kimi, ngiwabusise.

10Kepha amehlo ka-Israyeli ayefiphele ngobudala, engasenakubona; wawasondeza kuye; wawanga, wawagona.

11Wayesethi u-Israyeli kuJosefa: Ngangingacabanganga ukuthi ngizakubona ubuso bakho; bheka, uNkulunkulu ungibonise nenzalo yakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12UJosefa wawakhipha emathangeni akhe; wakhothama, ubuso bakhe
bubheke phansi.

13UJosefa wayesebathatha bobabili, u-Efrayimi ngesokunene,
engakwesokhohlo sika-Israyeli, noManase ngesokhohlo, engakwesokunene
sika-Israyeli, wabasondeza kuye.

14U-Israyeli wayeselula isandla sakhe sokunene, wasibeka ekhanda lika-
Efrayimi, kanti ungomncane, nesokhohlo ekhanda likaManase, ephambanisa
izandla zakhe, ngokuba uManase wayeyizibulo.

15 Wambusisa uJosefa, wathi: UNkulunkulu abahamba ebusweni bakhe obaba
o-Abrahama no-Isaka, uNkulunkulu ongondlile konke ukuhamba kwami kuze
kube namuhla,

16 ingelosi engisindise ebubini bonke mayibusise abafana; mababizwe
ngegama lami nangegama lawobaba o-Abrahama no-Isaka; mabande, babe
baningi phakathi kwezwe.

17Wabona uJosefa ukuthi uyise wabeka isandla sakhe sokunene ekhanda lika-
Efrayimi, kwaba kubi emehlweni akhe; wasibamba isandla sikayise ukuba
asisuse ekhanda lika-Efrayimi, asibeke ekhanda likaManase.

18Wayesethi uJosefa kuyise: Kungabi njalo, ngokuba lo uyizibulo; beka
esokunene sakho ekhanda lakhe.

19 Kepha uyise wala, wathi: Ngiyazi, ndodana yami, ngiyazi; naye uyakuba
yisizwe, abe mkhulu naye; kodwa umfowabo uyakuba mkhulu kunaye, inzalo
yakhe ibe yizizwe eziningi.

20Wayesebabusisa ngalolo suku ngokuthi: Ngawe u-Israyeli uyakubusisa ethi:
UNkulunkulu makakwenze ube njengo-Efrayimi nanjengoManase.
Wayesembeka-ke u-Efrayimi ngaphambi kukaManase.

21Wayesethi u-Israyeli kuJosefa: Bheka, mina ngiyafa, kepha uNkulunkulu
uyakuba nani, anibuyisele ezweni lawoyihlo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

22 Wena ngikunike olunye ukhalo ngaphezu kwabafowenu engaluthatha esandleni sama-Amori ngenkemba yami nangomnsalo wami.

## UGenesise 49

### UJakobe ubusisa amadodana akhe

1 UJakobe wabiza amadodana akhe, wathi: Buthanani, nginitshele okuzakunehlela ezinsukwini ezizayo.

2 Qoqanani, nizwe, nina madodana kaJakobe, nimlalele u-Israyeli uyihlo.

3 Rubeni, uyizibulo lami wena, amandla ami, ukuqala kwezikhwepha zami, ingqongqo ngesithunzi, ingqongqo ngamandla.

4 Uyachichima njengamanzi, awuyikuba nabungqongqo, ngokuba wakhwela embhedeni kayihlo, wawona; wakhwela okhukhweni lwami.

5 OSimeyoni noLevi bayizelamani; izinkemba zabo ziyizikhali zobudlwangudlwangu.

6 Ungangeni emkhandlwini wabo, mphefumulo wami; ungahlangani nebandla labo, nhliziyo yami, ngokuba ngolaka lwabo babulala abantu; ngobudlova babo basika izinkabi umsipha.

7 Makuqalekiswe ulaka lwabo, ngokuba lwalunamandla, nentukuthelo yabo, ngokuba yayinonya; ngizakubahlukanisa kwaJakobe, ngibasakaze kwa-Israyeli.

8 Juda, abafowenu bazakukudumisa wena; isandla sakho siyakuba sesijingweni sezitha zakho; amadodana kayihlo ayakukukhothamela.

9 UJuda uyibhongo lengonyama. Wenyuke empangweni, ndodana yami. Uguqile, ulele njengengonyama nanjengengonyamakazi; ngubani oyakumvusa na?

10 Intonga yobukhosi ayiyikusuka kuJuda, nozime lokubusa phakathi kwezinyawo zakhe, aze afike yena olufanele lona; nezizwe ziyakumlalela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Ubopha ithole lembongolo yakhe emvinini, ithole lembongolokazi yakhe emvinini omuhle; uhlanza izingubo zakhe ewayinini, nezambatho zakhe egazini lezithelo zomvini.

12 Amehlo akhe ayaklwela iwayini, amazinyo akhe amhlophe ubisi.

13 UZebuloni uyakwakha ngasogwini lolwandle, abe sosebeni lwemikhumbi; umkhawulo wakhe uzakuba ngaseSidoni.

14 U-Isakare uyimbongolo enamandla, elala phakathi kwezibaya.

15 Wabona indawo yakuphumula ukuthi inhle, nezwe ukuthi limnandi; wafolisa ihlombe ukuba athwale, waba yinceku yempoqo.

16 UDani uyakuthetha amacala abantu bakhe, njengesinye sezizwe zakwa-Israyeli.

17 UDani uyakuba yinyoka endleleni, inhlangwana emkhondweni eluma izithende zehhashi, awe nyovane olikhweleyo.

18 Ngiyihalele insindiso yakho, Jehova.

19 UGadi, iviyo liyakumcindezela, kepha yena uyakucindezela isithende salo.

20 Ku-Asheri kuvela amanoni abe ngukudla kwakhe; uyakuveza isilovela samakhosi.

21 UNafetali uyindluzelekazi ethukululekileyo; uveza amazwi amnandi.

22 UJosefa uyingatsha entsha ethelayo, ingatsha ethela ngasemthonjeni; amagatsha akhe akhwela odongeni.

23 Abacibishelayo bayamkhathaza, bayamdubula, bayamzingela;

24 kepha umnsalo wakhe uhlala uqinile; amandla ezandla zakhe aqiniswa ngezandla zoMninimandla kaJakobe, okuvela kuye uMalusi netshe lika-Israyeli,

25 ngoNkulunkulu kayihlo ozakukusiza, ngoSomandla ozakukubusisa ngezibusiso zasezulwini phezulu, nangezibusiso zasotweni olukhona phansi, nangezibusiso zamabele nezesizalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

26Izibusiso zikayihlo zinamandla kunezibusiso zawokhokho bami, kuze kube
semkhawulweni wokugcina wezintaba ezimiyo; ziyakuba phezu kwekhanda
likaJosefa phakade, nasokhakhayini lwakhe owahlukaniswa nabafowabo.

27 UBenjamini uyimpisi ehomfuzayo; ekuseni uyadla impango, kusihlwa
uyahlukanisa akuphangileyo.

28Bonke labo bayizizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli; yilokhu uyise
akukhuluma kubo, wababusisa; wababusisa, kwaba yilowo ngokwesibusiso
sakhe.

29Wabayala, wathi kubo: Mina sengiyakubuthelwa kubantu bami; ngimbeleni
kobaba emhumeni osensimini ka-Efroni umHeti,

30umhume osensimini yaseMakaphela eliphambi kweMamre ezweni
laseKhanani, awuthenga u-Abrahama kanye nensimu ku-Efroni umHeti, ube
yindawo yakhe yokumbela;

31 lapho bembela o-Abrahama noSara umkakhe; lapho bembela o-Isaka
noRebeka umkakhe; lapho ngembela uLeya;

32insimu nomhume okuyo okwathengwa kubantwana bakwaHeti.

33UJakobe eseqedile ukuyala amadodana akhe waqoqela izinyawo zakhe
embhedeni, wagqibuka, wabuthelwa kubantu bakhe.

## UGenesise 50

### Ukumbelwa kukaJakobe

1 UJosefa wawa ebusweni bukayise, wakhala phezu kwakhe, wamanga.

2UJosefa wayala izinceku zakhe izinyanga ukuba zimgqumise uyise ngemithi;
izinyanga zamgqumisa-ke u-Israyeli ngemithi.

3Zaphelela izinsuku zakhe ezingamashumi amane, ngokuba ziphelela kanjalo
izinsuku zokugqumisa ngemithi; abaseGibithe bamkhalela izinsuku
ezingamashumi ayisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Sezidlulile izinsuku zokumkhalela, uJosefa wakhuluma kuyo indlu kaFaro, wathi: Uma ngifumene umusa emehlweni enu, ake nikhulume ezindlebeni zikaFaro ngokuthi

5 ubaba wangifungisa wathi: Bheka, ngiyafa; ethuneni engizimbele lona ezweni laseKhanani uzakungingcwaba kulo. Ngalokho ake ngikhuphuke, ngimmbele ubaba, bese ngibuya.

6 Wayesethi uFaro: Khuphuka, ummbele uyihlo njengokukufungisa kwakhe.

7 Khona uJosefa wakhuphuka ukuyommbela uyise; zakhuphuka naye zonke izinceku zikaFaro, nezikhulu zendlu yakhe, nezikhulu zonke zezwe laseGibithe,

8 nendlu yonke kaJosefa, nabafowabo, nendlu kayise; bashiya ezweni laseGosheni izingane zabo, nezimvu zabo, nezinkomo zabo kuphela.

9 Kwakhuphuka nabo nezinqola, nabamahhashi; kwaba yibandla elikhulu impela.

10 Baya, bafika eGoreni Hathadi elingaphesheya kweJordani; lapho bakhala nokukhala impela, okunzima kakhulu; wamenzela uyise isililo izinsuku eziyisikhombisa.

11 Abakhileyo ezweni, amaKhanani, sebebone isililo eGoreni Hathadi bathi: Lokhu kuyisililo esinzima sabaseGibithe. Ngalokho igama laleyo ndawo laqanjwa ngokuthi i-Abela Misirayimi elingaphesheya kweJordani.

12 Amadodana akhe amenzela njengalokho ewayalile;

13 ngokuba amadodana akhe amyisa ezweni laseKhanani, ammbela emhumeni wasensimini yaseMakaphela, u-Abrahama awuthenga kanye nensimu ku-Efroni umHeti, ube yindawo yokumbela, ngaphambi kweMamre.

14 UJosefa wayesebuyela eGibithe, yena nabafowabo, nabo bonke ababekhuphuke naye ukummbela uyise, emva kokungcwaba kwakhe uyise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

15Sebebonile abafowabo bakaJosefa ukuthi uyise ufile, bathi: Mhlawumbe uJosefa uzakusizonda, asiphindisele nokusiphindisela konke okubi esakwenza kuyena.

16Base bethumela kuJosefa, bethi: Uyihlo wayala engakafi, wathi:

17 Niyakusho kuJosefa ukuthi: Ake uthethelele abafowenu isiphambeko sabo nesono sabo, ngokuba bakwenzela okubi. Manje siyakucela ukuthi: Ake uthethelele isiphambeko sezinceku zikaNkulunkulu kayihlo. UJosefa wakhala, besakhuluma kuye.

18 Base befika nabafowabo, bawa phansi ebusweni bakhe, bathi: Bheka, siyizinceku zakho.

19UJosefa wayesethi kubo: Ningesabi; kanti ngisesikhundleni sikaNkulunkulu na?

20 Yebo, nina nangisongozela okubi, kepha uNkulunkulu wakuceba kwaba kuhle ukuba akwenze kube njenganamuhla, asindise abantu abaningi.

21Ngalokho ningesabi; mina ngiyakunondla, nina nezingane zenu. Wabaduduza, wakhuluma kuzo izinhliziyo zabo.

### Ukufa kukaJosefa

22UJosefa wahlala eGibithe, yena nendlu kayise; uJosefa wahamba iminyaka eyikhulu neshumi.

23UJosefa wabona abantwana bakwa-Efrayimi besizukulwane sesithathu; nabantwana bakwaMakiri indodana kaManase bazalelwa emathangeni kaJosefa.

24 Wayesethi uJosefa kubafowabo: Mina sengiyafa, kepha uNkulunkulu uzakunihambela nokunihambela, anikhuphule kuleli zwe, aniyise ezweni alifungela o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe.

25 UJosefa wayesefungisa amadodana ka-Israyeli, ethi: UNkulunkulu uzakunihambela nokunihambela, nina nikhuphule amathambo ami lapha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26Wayesefa uJosefa eneminyaka eyikhulu neshumi; bamgqumisa ngemithi,
wafakwa ebhokisini eGibithe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# U-Eksodusi

## U-Eksodusi 1

[1] Lawa angamagama amadodana ka-Israyeli afika eGibithe noJakobe; yileyo naleyo yafika nomuzi wayo:

[2]ngoRubeni, noSimeyoni, noLevi, noJuda,

[3]no-Isakare, noZebuloni, noBenjamini,

[4]noDani, noNafetali, noGadi, no-Asheri.

[5] Bonke abantu abaphuma okhalweni lukaJakobe babe ngabantu abangamashumi ayisikhombisa; uJosefa wayeseGibithe.

[6]UJosefa wafa, nabo bonke abafowabo, naso sonke leso sizukulwane.

[7] Abantwana bakwa-Israyeli bazala, bachuma, banda, baba baningi; izwe lagcwala bona.

### Abakwa-Israyeli baphenduka izigqila

[8]Kwavela inkosi entsha eGibithe eyayingamazi uJosefa.

[9]Yathi kubantu bayo: Bhekani, abantu babantwana bakwa-Israyeli baningi, futhi banamandla kunathi;

[10]masizihlakaniphele maqondana nabo, funa bande, kuze kuthi lapho kuphuma impi, bahlangane nezitha zethu, balwe nathi, bamuke ezweni.

[11]Kwase kubekwa phezu kwabo izinduna zokubasebenzisa ezabahlupha ngemithwalo yazo. Bamakhela uFaro imizi yokubekelela, iPitomu neRamsesi.

[12]Kepha ngokubahlupha kwazo kwaba yikhona banda, basabalala; baba novalo ngabantwana bakwa-Israyeli.

[13] AbaseGibithe babakhonzisa abantwana bakwa-Israyeli ngamandla.

[14]Benza ukuphila kwabo kwaba munyu ngemisebenzi esindayo odakeni nasezitinini, nangemisebenzi yonke yasendle, yebo, yonke imisebenzi yabo ababebakhonzisa ngayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[15]Inkosi yaseGibithe yakhuluma kubabelethisi bamaHeberukazi, igama lomunye wabo linguShifira, elomunye linguPhuwa,

[16]yathi: Nxa nibelethisa amaHeberukazi, niwabona esesihlalweni sokubeletha, uma kuyindodana, anoyibulala, kepha uma kuyindodakazi, izakuphila.

[17]Kodwa ababelethisi babemesaba uNkulunkulu, abenzanga njengalokho yasho kubo inkosi yaseGibithe, babasindisa abafana.

[18]Inkosi yaseGibithe yayisibiza ababelethisi, yathi kubo: Nenzeleni lokhu, nasindisa abafana, na?

[19]Ababelethisi bathi kuFaro: Kungokuba amaHeberukazi engenjengabaseGibithe; anamandla, abeletha, engakafiki umbelethisi kuwo.

[20]UNkulunkulu wabenzela ababelethisi okuhle; abantu banda, baba baningi kakhulu.

[21]Kwathi ngokuba ababelethisi bamesaba uNkulunkulu, wabavusela imizi.

[22]UFaro wayesebayala abantu bakhe bonke, ethi: Bonke abafana abazalwayo anobaphonsa emfuleni, kepha amantombazana niwasindise onke.

## U-Eksodusi 2

### Ukuzalwa nokukhuliswa kukaMose

[1] Kwasuka umuntu wendlu kaLevi, wathatha indodakazi kaLevi.

[2]Wakhulelwa lowo mfazi, wazala indodana; esebonile ukuthi inhle, wayithukusa izinyanga ezintathu.

[3]Engasenakuyithukusa wayithathela ibhokisi lebungu, walihuqa ngebitume nangekolitayi, wamfaka umfana kulo, walibeka emhlangeni ngasogwini lomfula.

[4]Udadewabo wayemi kudana, ukuze azi ukuthi kuyakwenziwani kuye.

[5]Kwase kwehla indodakazi kaFaro ukuyogeza emfuleni; amantombazana ayo ahamba eceleni komfula; ibona ibhokisi emhlangeni yathuma intombazana ukulilanda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

6Yalivula, yabona umntwana; bheka, kwakungumfana; wakhala.
Yamhawukela, yathi: Lona ungowabantwana bamaHeberu.

7Udadewabo wayesethi kuyo indodakazi kaFaro: Ngihambe ngikubizele
umzanyana kuwo amaHeberu ukuba akuncelisele ingane na?

8Indodakazi kaFaro yathi kuye: Hamba. Yasuka intombazana, yabiza unina
wengane.

9Indodakazi kaFaro yathi kuye: Hamba nalo mntwana, ungincelisele yena;
ngizakukukhokhela. Owesifazane wamthatha-ke umntwana, wamncelisa.

10Umfana wakhula, wayiswa kuyo indodakazi kaFaro, waba yindodana yayo.
Yamqamba igama lokuthi uMose, ithi: Ngokuba ngamkhipha emanzini.

**Ukubaleka kukaMose**

11 Kwathi ngalezo zinsuku uMose esekhulile, waphuma, waya kubafowabo,
wabuka imithwalo yabo; wabona owaseGibithe eshaya umHeberu, omunye
wabafowabo.

12Waphendukela ngalapha nangalapha; esebonile ukuthi akukho muntu,
wambulala owaseGibithe, wamthukusa esihlabathini.

13Waphuma nangosuku olulandelayo; bheka, nanko amadoda amabili
amaHeberu exabene; wathi kowonileyo: Umshayelani owakini na?

14Wathi yena: Ngubani okumise induna nomahluleli phezu kwethu na? Ufuna
ukungibulala mina, njengalokho ubulele owaseGibithe, na? UMose
wayesesaba, ethi: Impela le ndaba iyazeka.

15UFaro esekuzwile lokho wafuna ukumbulala uMose. Kepha uMose wabaleka
ebusweni bukaFaro, wahlala ezweni lakwaMidiyani; wahlala phansi
ngasemthonjeni.

16UMpristi wakwaMidiyani wayenamadodakazi ayisikhombisa; afika ukukha
amanzi, agcwalisa imiqengqe eyophuzisa izimvu zikayise.

17Kwafika abelusi, bawaxosha. Kepha wayesesukuma uMose, wawasiza,
waphuzisa izimvu zawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

18Lapho esefika kuRehuweli uyise, wathi yena: Yini ukuba nisheshe nibuye namuhla na?

19Athi: OwaseGibithe usophulile esandleni sabelusi, futhi wasikhelela amanzi, waphuzisa izimvu.

20Wathi kuwo amadodakazi akhe: Uphi yena? Nimshiyeleni na? Mbizeni, eze ukuzokudla.

21UMose wazimisela ukuhlala kulowo muntu; wamupha uMose uSipora indodakazi yakhe.

22 Wazala indodana, wayiqamba igama lokuthi uGereshomu, ngokuba wathi: Ngangingumfokazi ezweni elingesilo elami.

23 Kwathi sekudlulile izinsuku eziningi, inkosi yaseGibithe yafa; abakwa-Israyeli babubula ngenxa yobugqila, bakhala; ukukhala kwabo kwenyukela kuNkulunkulu ngobugqila babo.

24UNkulunkulu wezwa ukububula kwabo; uNkulunkulu wakhumbula isivumelwano sakhe no-Abrahama, no-Isaka, noJakobe.

25UNkulunkulu wabona abantwana bakwa-Israyeli, wabanakekela.

## U-Eksodusi 3

### UNkulunkulu uzibonakalisa esihlahleni esivuthayo

1UMose wayalusa izimvu zikaJetiro umukhwe wakhe, umpristi wakwaMidiyani; waziqhuba izimvu, waya ngaphambili kwehlane, waze wafika entabeni kaNkulunkulu iHorebe.

2 Kwabonakala kuye ingelosi kaJehova elangabini lomlilo livela phakathi kwesihlahla; wabuka, bheka, isihlahla savutha umlilo, kepha isihlahla asiphelanga nokho.

3Wayesethi uMose: Mangiphambuke, ngiye ngibone lesi sibonakaliso esikhulu ukuba isihlahla asishi ngani.

4UNkulunkulu esebona ukuthi uyaphambuka ukuyobuka, uNkulunkulu wambiza ephakathi kwesihlahla, wathi: Mose, Mose!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Wathi: Ngilapha. Wayesethi: Ungasondeli lapha; khumula izicathulo zakho ezinyaweni zakho, ngokuba indawo omi kuyo ingumhlabathi ongcwele.

6 Wathi: NgingguNkulunkulu kayihlo, uNkulunkulu ka-Abrahama, noNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe; uMose wasitha ubuso bakhe, ngokuba wesaba ukumbheka uNkulunkulu.

7 Wayesethi uJehova: Ngibonile nokubona ukuhlupheka kwabantu bami abaseGibithe; ngizwile ukukhala kwabo ngenxa yabacindezeli babo, ngokuba ngiyazazi izinsizi zabo;

8 ngehle ukuba ngibophule esandleni sabaseGibithe, ngibakhuphule kulelo zwe, ngibayise ezweni elihle elibanzi, izwe elichichima ubisi nezinyosi, indawo yamaKhanani, neyamaHeti, neyama-Amori, neyamaPherizi, neyamaHivi, neyamaJebusi.

9 Bheka, manje ukukhala kwabantwana bakwa-Israyeli sekufike kimi; futhi ngikubonile ukucindezela abaseGibithe ababacindezela ngakho.

10 Ngakho hamba, ngiyakukuthuma kuFaro ukuba ukhiphe eGibithe abantu bami, abantwana bakwa-Israyeli.

11 UMose wayesethi kuNkulunkulu: Ngingubani mina ukuba ngiye kuFaro, ngikhiphe eGibithe abantwana bakwa-Israyeli na?

12 Wathi: Ngizakuba nawe ngempela; lokhu kuyakuba luphawu kuwe ukuthi ngikuthumile; nxa ukhiphile isizwe eGibithe, niyakumkhonza uNkulunkulu kule ntaba.

13 UMose wayesethi kuNkulunkulu: Bheka lapho ngifika kubantwana bakwa-Israyeli, ngithi kubo: UNkulunkulu wawoyihlo ungithumile kini, bese bethi kimi: Ngubani igama lakhe? ngizakuthini kubo na?

14 UNkulunkulu wathi kuMose: Nginguye enginguye. Wathi: Uzakusho njalo kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: UNgikhona ungithumile.

15 UNkulunkulu wathi futhi kuMose: Uzakusho njalo kubo abantwana bakwa-Israyeli, uthi: UJehova, uNkulunkulu wawoyihlo, uNkulunkulu ka-Abrahama,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

noNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe, ungithumile kini. Yileli eliyigama lami kuze kube phakade, lesi siyisikhumbuzo sami ezizukulwaneni ngezizukulwane.

16 Hamba ubuthe amalunga akwa-Israyeli, uthi kuwo: UJehova, uNkulunkulu wawoyihlo, uNkulunkulu ka-Abrahama noka-Isaka nokaJakobe, ubonakele kimi, wathi: Nginihambele nokunihambela, ngibonile okwenziwa kini eGibithe.

17Ngishilo ngathi: Ngiyakunikhuphula ekuhluphekeni kwaseGibithe, nginiyise ezweni lamaKhanani, nelamaHeti, nelama-Amori, nelamaPherizi, nelamaHivi, nelamaJebusi, izwe elichichima ubisi nezinyosi.

18 Bayakulalela izwi lakho; uyakufika wena kanye namalunga akwa-Israyeli enkosini yaseGibithe, nithi kuyo: UJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, uhlangene nathi; ake sihambe manje ibanga lezinsuku ezintathu, siye ehlane, sihlabele uJehova uNkulunkulu wethu.

19Kepha ngiyazi mina ukuthi inkosi yaseGibithe ayiyikuvuma ukuba nihambe, ngisho nangesandla esinamandla.

20Kodwa ngiyakwelulula isandla sami, ngilishaye iGibithe ngezimangaliso engiyakuzenza phakathi kwalo, andukuba iniyeke.

21 Ngiyakunika lesi sizwe umusa emehlweni abaseGibithe, kuze kuthi lapho nisuka, aniyikuhamba ningaphethe lutho,

22kepha yilowo nalowo wesifazane uyakucela kumakhelwane wakhe nakuye ogogobeleyo endlini yakhe izinto zesiliva nezinto zegolide, nezingubo; niyakuzifaka kumadodana enu nakumadodakazi enu, niphange abaseGibithe.

## U-Eksodusi 4

### UMose uphiwa amandla okwenza izimangaliso

1UMose waphendula wathi: Kepha bheka, abayikukholwa yimi, bangalaleli izwi lami, ngokuba bayakusho ukuthi: UJehova akabonakalanga kuwe.

2Wayesethi kuye uJehova: Kuyini lokhu okusesandleni sakho na? Wathi: Yinduku.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Khona wathi: Yiphonse phansi. Wayeseyiphonsa phansi. Yaphenduka inyoka; uMose wayibalekela.

4 Wayesethi uJehova kuMose: Yelula isandla sakho, uyibambe ngomsila. Wayeselula isandla sakhe, wayibamba; yaphenduka induku esandleni sakhe --

5 ukuba bakholwe ukuthi uJehova, uNkulunkulu wawoyise, uNkulunkulu ka-Abrahama, noNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe, ubonakele kuwe.

6 UJehova wathi futhi kuye: Faka isandla sakho esifubeni sakho. Wayesefaka isandla sakhe esifubeni sakhe; lapho esesikhipha, bheka, isandla sakhe sasinochoko, sinjengeqhwa.

7 Wayesethi kuye: Buyisela isandla sakho esifubeni sakho. Wayesesibuyisela isandla sakhe esifubeni sakhe; kuthe esikhipha esifubeni sakhe, bheka, sase siphendukile, sinjengenyama yakhe.

8 Kuyakuthi uma bengayikukholwa nguwe, bengalaleli izwi lesibonakaliso sokuqala, bayakukholwa yizwi lesibonakaliso sasemuva.

9 Kuzakuthi-ke uma bengayikukholwa nayilezi zibonakaliso ezimbili, bengalaleli izwi lakho, uyakukha amanzi omfula, uwathele emhlabathini owomileyo; amanzi owakha emfuleni ayakuphenduka igazi emhlabathini owomileyo.

10 UMose wayesethi kuJehova: Nkosi, angizange ngibe ngumuntu oyiqaphuqaphu, nakuqala namanje lapho usukhulumile encekwini yakho, ngokuba umlomo wami unzima, unamalimi.

11 UJehova wayesethi kuye: Ngubani owenzile umlomo womuntu na? Ngubani owenza isimungulu, nesithulu, nobonayo, nempumputhe na? Akusimina, uJehova, na?

12 Ngalokho hamba; ngizakuba nomlomo wakho, ngikufundise lokho ozakukukhuluma.

13 Kepha wathi: O Nkosi, ake uthume ngesandla salowo ozakumthuma.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Intukuthelo kaJehova yamvuthela uMose; wathi: Akakho umfowenu u-Aroni, umLevi, na? Ngiyazi ukuthi ukhuluma kahle yena. Futhi bheka, uyaphuma ukukuhlangabeza; nalapho ekubona, uyakuthokoza enhliziyweni yakhe.

15 Uyakukhuluma kuye, ufake amazwi emlonyeni wakhe; ngizakuba nomlomo wakho nomlomo wakhe, nginifundise lokho eniyakukwenza.

16Uyakukukhulumela kubantu, abe ngumlomo kuwe, wena ube njengoNkulunkulu kuye.

17Uzakuphatha le nduku ngesandla sakho, oyakwenza izibonakaliso ngayo.

### UMose ubuyela eGibithe

18Wayesehamba uMose, wabuyela kuJetiro umukhwe wakhe, wathi kuye: Ake ngihambe, ngibuyele kubafowethu abaseGibithe, ngize ngibone ukuthi basekhona yini. UJetiro wathi kuMose: Hamba nokuthula.

19UJehova wathi kuMose kwaMidiyani: Hamba ubuyele eGibithe, ngokuba sebafa abantu bonke abafuna ukukubulala.

20 UMose wayesethatha umkakhe namadodana akhe, wabakhwelisa embongolweni, wabuyela ezweni laseGibithe; uMose waphatha induku kaNkulunkulu ngesandla sakhe.

21UJehova wathi kuMose: Ekuhambeni kwakho usubuyela eGibithe bhekisisa ukuba wenze ebusweni bukaFaro zonke izimangaliso engizibeke esandleni sakho; kepha mina ngiyakuyenza lukhuni inhliziyo yakhe; akayikubayeka abantu ukuba bahambe.

22 Uyakuthi kuFaro: Usho kanje uJehova, uthi: U-Israyeli uyindodana yami, uyizibulo lami.

23Ngiyakutshela: Yiyeke indodana yami ukuba ihambe ingikhonze, kepha awuyiyekanga; bheka, sengiyakubulala indodana yakho, izibulo lakho.

24Kwathi endleleni endlini yezihambi uJehova wahlangana naye, wafuna ukumbulala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

25 USipora wayesethatha insengetsha, wanquma ijwabu lendodana yakhe, waliphonsa ngasezinyaweni zakhe, wathi: Impela ungumyeni wegazi kimi.

26 Wamdedela-ke. Khona wathi: Ngumyeni wegazi ngenxa yokusoka.

27 UJehova wayesethi ku-Aroni: Hamba umhlangabeze uMose ehlane. Wahamba, wahlangana naye entabeni kaNkulunkulu, wamanga.

28 UMose wamtshela u-Aroni onke amazwi kaJehova amthume nawo, nezibonakaliso zonke amyale ngazo.

29 OMose no-Aroni baya, babutha onke amalunga abantwana bakwa-Israyeli;

30 u-Aroni wakhuluma onke amazwi uJehova awakhulume kuMose, wazenza izibonakaliso emehlweni abantu.

31 Abantu bakholwa-ke. Sebezwile ukuthi uJehova ubahambele abantwana bakwa-Israyeli, nokuthi ukubonile ukuhlupheka kwabo, base bekhothama, bakhuleka.

## U-Eksodusi 5

### OMose no-Aroni bephambi kukaFaro

1 Ngasemuva oMose no-Aroni bafika, bathi kuFaro: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe, bangenzele umkhosi ehlane.

2 Wathi uFaro: Ngubani uJehova ukuba ngilalele izwi lakhe, ngimyeke u-Israyeli ukuba ahambe na? Angimazi uJehova, futhi angiyikumvumela u-Israyeli ukuba ahambe.

3 Base bethi: UNkulunkulu wamaHeberu uhlangene nathi; ake sihambe ibanga lezinsuku ezintathu, siye ehlane, sihlabele uJehova uNkulunkulu wethu, funa asehlele ngesifo nangenkemba.

4 Inkosi yaseGibithe yathi kubo: Nibakhumulelani abantu emithwalweni yabo nina Mose no-Aroni na? Hambani, niye emisebenzini yenu.

5 UFaro wathi: Bheka, abantu sebebaningi ezweni, nokho niyabaphumuza emithwalweni yabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Ngalona lolo suku uFaro wayala abaphathi babantu nezinduna zabo, wathi:

7 Anisayikubanika abantu utshani bokwenza izitini njengaphambili;
mabahambe bazibuthele utshani.

8Kepha isilinganiso sezitini ekade besenza, bamiseleni sona, ningasinciphisi,
ngokuba bayenqena; ngalokho bayakhala bathi: Masihambe sihlabele
uNkulunkulu wethu.

9Mayenziwe ibe nzima imisebenzi phezu kwabantu, bayisebenze,
banganakekeli amazwi okukhohlisa.

10Baphuma-ke abaphathi babantu nezinduna zabo, bakhuluma kubantu,
bathi: UFaro usho uthi: Angisayikuninika utshani.

11Hambani nina, nizifunele utshani, lapho ningabuthola khona, ngokuba
imisebenzi yenu ayiyikuncishiswa ngalutho.

12Base behlakazeka abantu ezweni lonke laseGibithe ukuyobutha izinhlanga
zibe yibona tshani babo.

13Abaphathi babaqhuba, bathi: Qedani imisebenzi yenu, imisebenzi yemihla
ngemihla, njengasezinsukwini kusekhona utshani.

14Izinduna zabantwana bakwa-Israyeli abazibeke phezu kwabo abaphathi
bakaFaro zashaywa, zabuzwa ukuthi: Aniqedanga ngani umsebenzi wenu
izolo nanamuhla ukubumba izitini njengaphambili na?

15Zase zifika izinduna zabantwana bakwa-Israyeli, zakhala kuFaro, zathi:
Uziphathelani izinceku zakho kanje na?

16Izinceku zakho aziphiwanga tshani; nokho bathi kithi: Bumbani izitini.
Futhi bheka, izinceku zakho ziyashaywa, kepha icala likubantu bakho.

17Kepha wathi: Yinina enenqena, yebo, niyenqena; ngalokho nithi: Ake
sihambe sihlabele uJehova.

18Ngalokho hambani nisebenze, ngokuba aniyikuphiwa tshani, kepha
isilinganiso sezitini niyakusiqeda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Izinduna zabantwana bakwa-Israyeli zabona ukuthi basekuhluphekeni, lapho kuthiwa: Aniyikunciphisa izitini zenu esilinganisweni semihla ngemihla.

20Zahlangana noMose no-Aroni ababemi khona ukuzihlangabeza zisaphuma kuFaro.

21Zathi kubo: UJehova makanibheke, ahlulele, ngokuba nilenzile iphunga lethu linuke kabi emehlweni kaFaro nasemehlweni ezinceku zakhe, nibeke inkemba esandleni sabo ukuba basibulale.

22UMose wayesebuyela kuJehova, wathi: Nkosi, wenzeleni okubi kulaba bantu na? Ungithumeleni mina na?

23Selokhu ngafika kuFaro ukukhuluma egameni lakho, ubaphathe kabi laba bantu, nawe awubophulanga nakanci abantu bakho.

## U-Eksodusi 6

### Isithembiso sikaMose siyaphindwa

1 UJehova wathi kuMose: Manje usuzakubona lokho engiyakukwenza kuFaro, ngokuba ngenxa yesandla esiqinileyo uyakubayeka ukuba bahambe, nangenxa yesandla esinamandla uyakubaxosha ezweni lakhe.

2UNkulunkulu wakhuluma kuMose, wathi kuye: NginguJehova;

3ngabonakala ku-Abrahama, naku-Isaka, nakuJakobe njengoSomandla, kepha ngegama lami lokuthi uJehova ngangingaziwa kubo.

4Futhi ngamisa isivumelwano sami nabo ukuyobanika izwe laseKhanani, izwe lokugogobala kwabo, lapho bebegogobala khona.

5Yebo, futhi ngizwile ukububula kwabantwana bakwa-Israyeli abenziwe izigqila ngabaseGibithe; ngiyakhumbula isivumelwano sami.

6 Ngalokho yisho kubantwana bakwa-Israyeli ukuthi: NginguJehova; ngizakunikhipha emithwalweni yabaseGibithe, nginikhulule ebugqileni benu, nginihlenge ngengalo eyeluliweyo nangezahlulelo ezinkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Ngiyakunithatha nibe yisizwe sami, mina ngibe nguNkulunkulu wenu; niyokwazi ukuthi ngingu Jehova uNkulunkulu wenu onikhipha emithwalweni yabaseGibithe.

8 Ngiyakuningenisa ezweni engaphakamisa isandla sami ngalo ukulinika u-Abrahama, no-Isaka, noJakobe; ngiyakunipha lona libe yifa; ngingu Jehova.

9UMose wakhuluma-ke kanjalo kubo abantwana bakwa-Israyeli; kepha abamlalelanga uMose ngenxa yenhliziyo encane nemisebenzi esindayo.

10UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

11 Ngena ukhulume kuFaro inkosi yaseGibithe ukuba ivumele abantwana bakwa-Israyeli ukuphuma ezweni lakhe.

12 UMose wakhuluma ebusweni bukaJehova, wathi: Bheka, abantwana bakwa-Israyeli abangilalelanga; uFaro angangilalela kanjani, nginezindebe zomlomo ezingasokwanga, na?

13UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni ukuba bayale abakwa-Israyeli noFaro inkosi yaseGibithe ukukhipha abantwana bakwa-Israyeli ezweni laseGibithe.

### Inzalo kaMose neka-Aroni

14 Laba bayizinhloko zezindlu zawoyise: amadodana kaRubeni izibulo lika-Israyeli: ngoHanoki, noPhalu, noHesironi, noKarmi; yile imindeni kaRubeni.

15Amadodana kaSimeyoni: ngoJemuweli, noJamini, no-Ohade, noJakini, noSohari, noShawule indodana yowesifazane waseKhanani; yile imindeni kaSimeyoni.

16 Lawa angamagama amadodana kaLevi ngezizukulwane zawo: ngoGereshoni, noKohati, noMerari; iminyaka yokuhamba kukaLevi yayiyiminyaka eyikhulu namashumi amathathu nesikhombisa.

17Amadodana kaGereshoni: ngoLibini noShimeyi ngemindeni yawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Amadodana kaKohati: ngo-Amramu, noJisihari, noHebroni, no-Uziyeli; iminyaka yokuhamba kukaKohati yayiyiminyaka eyikhulu namashumi amathathu nantathu.

19Amadodana kaMerari: ngoMaheli noMushi; yile imindeni yamaLevi ngezizukulwane zayo.

20U-Amramu wazithathela uJokebedi udadewabo kayise, abe ngumkakhe; wamzalela o-Aroni noMose; iminyaka yokuhamba kuka-Amramu yayiyikhulu namashumi amathathu nesikhombisa.

21Amadodana kaJisihari: ngoKora, noNefegi, noZikiri.

22Amadodana ka-Uziyeli: ngoMishayeli, no-Elisafani, noSitri.

23 U-Aroni wazithathela u-Elisheba indodakazi ka-Aminadaba, udadewabo kaNaheshoni, abe ngumkakhe; wamzalela oNadabi, no-Abihu, no-Eleyazare, no-Itamari.

24Amadodana kaKora: ngo-Asiri, no-Elkana, no-Abiyasafa; yile imindeni kaKora.

25U-Eleyazare indodana ka-Aroni wazithathela enye yamadodakazi kaPhuthiyeli, ibe ngumkakhe; yamzalela uFinehasi. Yilezi izinhloko zawoyise bamaLevi ngemindeni yawo.

26Yibo labo o-Aroni noMose uJehova athi kubo: Khiphani ezweni laseGibithe abantwana bakwa-Israyeli ngamabandla abo.

27Yibo labo ababekhuluma kuFaro inkosi yaseGibithe ukuba akhiphe abantwana bakwa-Israyeli eGibithe; yibo oMose no-Aroni.

28Kwathi mhla uJehova ekhuluma kuMose ezweni laseGibithe,

29uJehova washo kuMose, wathi: NginguJehova; khuluma kuFaro inkosi yaseGibithe konke engikukhuluma kuwe.

30Wayesethi uMose ebusweni bukaJehova: Bheka, ngingowezindebe zomlomo ezingasokiwe; uFaro angangilalela kanjani na?

**U-Eksodusi 7**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## Isimangaliso senduku kaMose

1 UJehova wathi kuMose: Bheka, ngikwenze ube njengonkulunkulu kuFaro; u-Aroni umfowenu uyakuba ngumprofethi wakho.

2 Wena uyakukhuluma konke engikuyala ngakho; u-Aroni umfowenu uyakukhuluma kuFaro ukuba abavumele abantwana bakwa-Israyeli ukuphuma ezweni lakhe.

3 Mina ngiyakuyenza inhliziyo kaFaro ibe lukhuni, ngandise izibonakaliso zami nezimangaliso zami ezweni laseGibithe.

4 Kepha uFaro akayikunilalela; ngiyakubeka isandla sami phezu kweGibithe, ngikhiphe amabandla ami, isizwe sami, abantwana bakwa-Israyeli, ezweni laseGibithe ngezahlulelo ezinkulu.

5 AbaseGibithe bayokwazi ukuthi nginguJehova, nxa ngelula isandla sami phezu kweGibithe, ngikhiphe abantwana bakwa-Israyeli phakathi kwabo.

6 OMose no-Aroni benze njalo; njengalokho uJehova ebayalile, benze njalo-ke.

7 UMose wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili, u-Aroni eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nantathu, mhla bekhuluma kuFaro.

8 UJehova wakhuluma koMose no-Aroni, wathi:

9 Nxa uFaro ekhuluma kini, ethi: Zifakazeleni ngesimangaliso, uyakusho ku-Aroni ukuthi: Thatha induku yakho, uyiphonse phansi phambi kukaFaro, ukuze iphenduke inyoka.

10 OMose no-Aroni bangena kuFaro, benza njengalokho uJehova ebayalile; u-Aroni waphonsa phansi induku yakhe phambi kukaFaro naphambi kwezinceku zakhe, yaphenduka inyoka.

11 Khona uFaro wabiza izihlakaniphi nabalumbi; izanusi zaseGibithe nazo zenze njalo ngemilingo yazo.

12 Ngokuba yilowo nalowo waphonsa phansi induku yakhe, zaphenduka izinyoka; kepha induku ka-Aroni yagwinya izinduku zabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

13Inhliziyo kaFaro yaba lukhuni, kabalalelanga, njengalokho eshilo uJehova.

### Izinhlupheko zaseGibithe
### Eyokuqala: amanzi aphenduka igazi

14UJehova wayesethi kuMose: Inhliziyo kaFaro ilukhuni: uyenqaba ukuba abantu bahambe.

15Yana kuFaro kusasa ekuseni; bheka, uyaphuma ukuya emanzini; yima ogwini lomfula ukumhlangabeza; induku eyaphenduka inyoka woyiphatha ngesandla sakho.

16Wothi kuye: UJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, ungithume kuwe, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe bangikhonze ehlane; bheka, kuze kube manje awulalelanga.

17UJehova usho kanje, uthi: Ngalokhu uyokwazi ukuthi nginguJehova: bheka, ngenduku esesandleni sami ngiyakushaya phezu kwamanzi asemfuleni, aphenduke igazi.

18Izinhlanzi ezisemfuleni ziyakufa, umfula unuke; abaseGibithe bayakunengwa ngukuphuza amanzi emfuleni.

19UJehova wathi kuMose: Yisho ku-Aroni, uthi: Thatha induku yakho, welule isandla sakho phezu kwamanzi aseGibithe, naphezu kwemifula, naphezu kweminonjana yabo, naphezu kweziziba, naphezu kwamachibi amanzi abo onke ukuba aphenduke igazi, kube khona igazi ezweni lonke laseGibithe ezitsheni zemithi nasezitsheni zamatshe.

20 OMose no-Aroni base bekwenza-ke njengalokho uJehova ebayalile; waphakamisa induku, washaya amanzi asemfuleni emehlweni kaFaro nasemehlweni ezinceku zakhe; onke amanzi asemfuleni aphenduka igazi.

21Izinhlanzi zasemfuleni zafa; umfula wanuka; abaseGibithe babengenakuphuza amanzi asemfuleni; igazi lalikhona ezweni lonke laseGibithe.

22Izanusi zaseGibithe zenze njalo ngemilingo yazo, yaze yaba lukhuni inhliziyo kaFaro; kabalalelanga, njengalokho eshilo uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23UFaro waphenduka wangena endlini yakhe, kayibekanga inhliziyo yakhe nakulokho.

24AbaseGibithe bemba nxazonke zomfula ukuthola amanzi okuphuza, ngokuba babengenakuphuza amanzi asemfuleni.

25Zaphelela izinsuku eziyisikhombisa, selokhu uJehova eshayile umfula.

## U-Eksodusi 8

### Inhlupheko yesibili: amasele

1UJehova wayesethi kuMose: Ngena kuFaro, uthi kuye: Usho kanje uJehova, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe, bangikhonze.

2Uma wenqaba ukuba basuke, bheka, mina ngiyakushaya izwe lakho lonke ngamasele;

3umfula uyakuvama amasele; ayakukhuphuka, angene endlini yakho, nasekamelweni lakho lokulala, naphezu kombhede wakho, nasendlini yezinceku zakho, naphezu kwabantu bakho, nasemaziko akho, nasezingqwembeni zakho zokuxova izinkwa.

4Yebo, kuwena, nakubantu bakho, nasezincekwini zakho zonke ayakwenyukela amasele.

5UJehova wathi kuMose: Yisho ku-Aroni, uthi: Yelula isandla sakho nenduku yakho phezu kwemifula, naphezu kweminonjana, naphezu kweziziba, wenyusele ezweni laseGibithe.

6 U-Aroni wayeselula isandla sakhe phezu kwamanzi aseGibithe; amasele akhuphuka-ke, asibekela izwe laseGibithe.

7Izanusi zenze njalo ngemilingo yazo, zenyusela amasele ezweni laseGibithe.

8Khona uFaro wababiza oMose no-Aroni, wathi: Ncengani uJehova ukuba asuse amasele kimi nakubantu bami; ngizakuvumela abantu ukuba bahambe, bahlabele uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9UMose wathi kuFaro: Ziphakamise phezu kwami, usho ukuthi ngizakukuncengela ngasiphi isikhathi wena nezinceku zakho, nabantu bakho ukuba achithwe amasele kuwe nasezindlini zakho, asale emfuleni kuphela.

10Wayesethi: Ngomuso. Wathi: Makube njengezwi lakho ukuba wazi ukuthi akakho onjengaye uJehova uNkulunkulu wethu.

11Amasele ayakusuka kuwe, nasezindlini zakho, nasezincekwini zakho, nakubantu bakho, asale emfuleni kuphela.

12OMose no-Aroni baphuma kuFaro; uMose wakhala kuJehova ngamasele ayewalethile kuFaro.

13UJehova wenza njengezwi likaMose; amasele afa ezindlini, nasemagcekeni, nasemasimini.

14Bawabuthela izinqwaba ngezinqwaba, izwe lanuka.

15Esebona uFaro ukuthi kuyiphefu, wayenza lukhuni inhliziyo yakhe, kabalalelanga, njengalokho eshilo uJehova.

### Inhlupheko yesithathu: omiyane

16UJehova wayesethi kuMose: Yisho ku-Aroni, uthi: Yelula induku yakho, ushaye uthuli lomhlabathi, lube ngomiyane ezweni lonke laseGibithe.

17Benze njalo-ke; u-Aroni welula isandla sakhe nenduku yakhe, washaya uthuli lomhlabathi, lwaba ngominyane kubantu nasezinkomeni; uthuli lonke lomhlabathi lwaba ngominyane ezweni lonke laseGibithe.

18Nezanusi zenze njalo ngemilingo yazo ukuba ziveze omiyane, kepha zahluleka. Omiyane babe khona kubantu nasezinkomeni.

19 Zase zithi izanusi kuFaro: Lokhu kungumunwe kaNkulunkulu. Kepha inhliziyo kaFaro yaba lukhuni, kabalalelanga, njengalokho eshilo uJehova.

### Inhlupheko yesine: izibawu

20UJehova wayesethi kuMose: Vuka ekuseni kusasa, ume phambi kukaFaro; bheka, uyaphuma ukuya emanzini; thana kuye: UJehova usho kanje, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe bangikhonze.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Ngokuba uma wenqaba ukuba basuke, bheka, ngizakuthumela kuwe izibawu, nakuzo izinceku zakho, nakubantu bakho, nasezindlini zakho; izindlu zabaseGibithe ziyakugcwala izibawu kanye nomhlabathi ezikuwo.

22 Ngalolo suku ngiyakwahlukanisa izwe laseGosheni abakhe kulo abantu bami ukuba kungabikho izibawu khona, ukuze wazi ukuthi nginguJehova phakathi kwezwe.

23 Ngizakwahlukanisa abantu bami nabantu bakho; ngomuso siyakuvela lesi sibonakaliso.

24 Wenze njalo uJehova; kwangena uswebezane olwesabekayo lwezibawu endlini kaFaro, nasezindlini zezinceku zakhe, nasezweni lonke laseGibithe; izwe lachithwa ngenxa yezibawu.

25 Khona uFaro wababiza oMose no-Aroni, wathi: Hambani nihlabele uNkulunkulu wenu kuleli zwe.

26 Wayesethi uMose: Akufanele ukwenze njalo, ngokuba siyakuhlabela uJehova uNkulunkulu wethu lokhu okunengeka kwabaseGibithe; bheka, singahlaba okunengeka kwabaseGibithe emehlweni abo, bangasikhandi ngamatshe, na?

27 Siyakuhamba ibanga lezinsuku ezintathu, siye ehlane, sihlabele uJehova uNkulunkulu wethu, njengalokho ezakusiyala.

28 Wayesethi uFaro: Ngizakunivumela ukuba nihambe nihlabele uJehova uNkulunkulu wenu ehlane, kepha ningayi kude kakhulu nokho; ngikhulekeleni.

29 Wathi uMose: Bheka, ngiyaphuma kuwe; ngiyakuncenga uJehova ukuba izibawu zimuke, zisuke kuFaro, nakuzo izinceku zakhe, nakubantu bakhe ngomuso; kodwa uFaro angabuyi akhohlise ngokungavumeli abantu ukuba bahambe bahlabele uJehova.

30 UMose wayesephuma kuFaro, wamncenga uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

31UJehova wayesenza njengezwi likaMose; wasusa izibawu kuFaro, nakuzo izinceku zakhe, nakubantu bakhe; akwasala nesisodwa.

32UFaro wayenza lukhuni inhliziyo yakhe nangaleso sikhathi futhi, kabavumelanga abantu ukuba bahambe.

## U-Eksodusi 9

### Inhlupheko yesihlanu: isifo sezinkomo

1UJehova wayesethi kuMose: Ngena kuFaro, umtshele ukuthi: Usho kanje uJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe, bangikhonze.

2Ngokuba uma wenqaba ukuba bahambe usababambile,

3bheka, isandla sikaJehova siyakuba phezu kwemfuyo yakho esendle, naphezu kwamahhashi, naphezu kwezimbongolo, naphezu kwamakamela, naphezu kwezinkomo, naphezu kwezimvu, silethe isifo esinzima kakhulu.

4UJehova uyakwahlukanisa imfuyo yakwa-Israyeli nemfuyo yaseGibithe, kungafi lutho kukho konke okwabantwana bakwa-Israyeli.

5UJehova wanquma isikhathi, wathi: Kusasa uJehova uzakwenza lokhu ezweni.

6Wakwenza-ke lokho uJehova ngangomuso; yafa yonke imfuyo yaseGibithe, kepha emfuyweni yabantwana bakwa-Israyeli akwafa neyodwa.

7UFaro wathumela; bheka, emfuyweni yakwa-Israyeli akufanga neyodwa; kepha inhliziyo kaFaro yayilukhuni, kabavumelanga abantu ukuba bahambe.

### Inhlupheko yesithupha: amathumba

8UJehova wayesethi kuMose naku-Aroni: Caphunani izinkweshe zomlotha waseziko uMose awusakazele ngasezulwini phambi kukaFaro.

9Uyakuba yibhuqu ezweni lonke laseGibithe, uphenduke amathumba ayakuqhamuka nezilonda kubantu nasezinkomeni ezweni lonke laseGibithe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[10]Base bethatha umlotha waseziko, bema phambi kukaFaro; uMose wawusakazela ngasezulwini, waphenduka amathumba aqhamuka nezilonda kubantu nasezinkomeni.

[11]Izanusi zazingenakuma phambi kukaMose ngenxa yamathumba, ngokuba amathumba ayekhona kuzo izanusi nakubo bonke abaseGibithe.

[12]UJehova wayenza lukhuni inhliziyo kaFaro, kabalalelanga, njengalokho uJehova eshilo kuMose.

**Inhlupheko yesikhombisa: isichotho**

[13]UJehova wayesethi kuMose: Vuka ekuseni kusasa, ume phambi kukaFaro, uthi kuye: UJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, usho kanje, uthi: Bavumele abantu bami ukuba bahambe, bangikhonze.

[14]Ngokuba kulesi sikhathi ngizakuthuma zonke izinhlupho zami enhliziyweni yakho, nasezincekuweni zakho, nakubantu bakho, ukuze wazi ukuthi akakho onjengami emhlabeni wonke.

[15]Ngokuba ngase ngiselule isandla sami, ngakushaya wena nabantu bakho ngesifo, uze uchitheke emhlabeni,

[16]kepha ngikumise ngalokhu ukuba ngikubonise amandla ami, igama lami lishunyayelwe emhlabeni wonke.

[17]Usabavimbela abantu bami, ungabavumeli ukuba bahambe, na?

[18]Bheka, kusasa ngalesi sikhathi ngiyakuwisa isichotho esinzima kakhulu, esingazange sibe khona esingaka eGibithe, selokhu lakhiwa kuze kube manje.

[19]Ngalokho thuma, ubuyise imfuyo yakho nakho konke onakho endle; bonke abantu nazo zonke izinkomo okuyakufunyanwa endle kungagoduswanga kuyakuwelelwa yisichotho, kufe.

[20]Yena owalesaba izwi likaJehova phakathi kwezinceku zikaFaro wazenza izinceku zakhe nezinkomo zakhe ukuba zibalekele ezindlini.

[21]Kepha onganakanga izwi likaJehova washiya izinceku zakhe nemfuyo yakhe endle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Wayesethi uJehova kuMose: Yelula isandla sakho ngasezulwini ukuba kuwe isichotho ezweni lonke laseGibithe, phezu kwabantu, naphezu kwazinkomo naphezu kwayo yonke imifino ezweni lonke laseGibithe.

23 UMose wayeselula induku yakhe ngasezulwini; uJehova wathuma ukuduma nesichotho; nomlilo wehlela emhlabeni; uJehova wawisa isichotho phezu kwezwe laseGibithe.

24Kwase kuwa isichotho nomlilo owanyazima njalo phakathi kwesichotho; kwakunzima kakhulu, okwakungazange kube khona ezweni laseGibithe okungangako, selokhu laba yisizwe.

25Isichotho sashaya konke okwakusendle, abantu nezinkomo, ezweni lonke laseGibithe; isichotho sashaya yonke imifino yasendle, saphula yonke imithi yasendle.

26Ezweni laseGosheni kuphela, lapho babe khona abantwana bakwa-Israyeli, kwakungawi sichotho.

27UFaro wathuma wababiza oMose no-Aroni, wathi kubo: Ngonile lesi sikhathi; uJehova ulungile, kepha mina nabantu bami sibabi.

28Ncengani kuJehova, ngokuba sekwanele lokhu kuduma okungaka nesichotho; ngizakunivumela ukuba nihambe, ningabe nisahlala.

29 Wayesethi uMose kuye: Nxa sengiphumile emzini, ngizakwelula izandla zami kuJehova; kuyakunqamuka ukuduma, nesichotho asisayikuba khona, ukuze wazi ukuthi umhlaba ungokaJehova.

30Kepha wena nezinceku zakho ngiyazi ukuthi anikamesabi uJehova uNkulunkulu.

31Kwashaywa ifilakisi nebhali, ngokuba ibhali lalikhahlele, nefilakisi laliqhakazile.

32Kepha ukolweni nespelite akushaywanga, ngokuba kwakungakakhuli.

33UMose waphuma emzini kaFaro, welula izandla zakhe kuJehova; kwanqamuka-ke ukuduma nesichotho, alabe lisana emhlabeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[34]UFaro esebonile ukuthi imvula nesichotho nokuduma sekunqamukile, wabuye wona, wayenza lukhuni inhliziyo yakhe, yena nezinceku zakhe.

[35]Inhliziyo kaFaro yayilukhuni, kabavumelanga abantwana bakwa-Israyeli ukuba bahambe, njengalokho uJehova eshilo ngoMose.

## U-Eksodusi 10

### Inhlupheko yesishiyagalombili: isikhonyane

[1]UJehova wayesethi kuMose: Ngena kuFaro, ngokuba ngenze lukhuni inhliziyo yakhe nenhliziyo yezinceku zakhe ukuba ngizenze lezi zibonakaliso zami phakathi kwabo,

[2]ukuze utshele indodana yakho ezindlebeni nendodana yendodana yakho lokho engikwenzele iGibithe, nezibonakaliso zami engizenzile phakathi kwabo, nize nazi ukuthi nginguJehova.

[3]OMose no-Aroni bangena-ke kuFaro, bathi kuye: Usho kanje uJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, uthi: Koze kube nini wenqaba ukuzithoba phambi kwami na? Bavumele abantu bami ukuba bahambe, bangikhonze.

[4]Ngokuba uma wenqaba ukuba abantu bami bahambe, bheka, ngomuso ngizakuletha isikhonyane ezweni lakho.

[5]Siyakusibekela ubuso bomhlaba, ukuze kungabe kusabonwa mhlabathi; siyakudla okuseleyo okusindile, enikushiyelwe yisichotho, sidle yonke imithi enimilelayo endle.

[6]Izindlu zakho, nezindlu zezinceku zakho zonke, nezindlu zabo bonke abaseGibithe ziyakugcwaliswa yiso, abangazange basibone esinjalo oyihlo nawoyise bawoyihlo, selokhu bafika emhlabeni kuze kube namuhla. Waphenduka, waphuma kuFaro.

[7]Kepha izinceku zikaFaro zathi kuye: Lo muntu uzakuba lugibe kuze kube nini na? Bavumele abantu ukuba bahambe bakhonze uJehova uNkulunkulu wabo. Awukwazi ukuthi iGibithe seliyashabalala na?

[8]OMose no-Aroni babuyiselwa kuFaro; wathi kubo: Hambani nimkhonze uJehova uNkulunkulu wenu; kepha ngobani abazakuhamba na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9UMose wathi: Siyakuhamba nabasha bethu, nabadala bethu, namadodana
ethu, namadodakazi ethu, nezimvu zethu, nezinkomo zethu, ngokuba
sinomkhosi kaJehova.

10Wayesethi kubo: Makabe nani-ke uJehova, njengokuba ngizakunivumela
ukuba nihambe nezingane zenu; bhekani, ngokuba okubi kuphambi kwenu.

11Kungabi njalo; hambani nina madoda nimkhonze uJehova, ngokuba yikho
enikufunayo. Base bexoshwa ebusweni bukaFaro.

12UJehova wayesethi kuMose: Yelula isandla sakho phezu kwezwe
laseGibithe, kufike isikhonyane ukuba senyukele ezweni laseGibithe, sidle
imifino yonke, konke okwashiywa yisichotho.

13 UMose wayeselula induku yakhe phezu kwezwe laseGibithe; uJehova
waletha umoya wasempumalanga ezweni ngalo lonke lolo suku nobusuku
bonke; sekusile umoya wasempumalanga waletha isikhonyane.

14Isikhonyane senyukela ezweni lonke laseGibithe, sahlala ezweni lonke
laseGibithe, sasinzima kakhulu; ngaphambi kwaso kwakungazange kube
khona isikhonyane esingangaso, nangasemva kwaso asisayikuba khona
esingangaso.

15Ngokuba sasibekela ubuso bonke bomhlaba, laze laba mnyama izwe. Sadla
imifino yonke nezithelo zonke zemithi ezishiywe yisichotho; akwasala lutho
oluluhlaza emithini nasemifinweni yasendle ezweni lonke laseGibithe.

16Khona uFaro washesha wababiza oMose no-Aroni, wathi: Ngonile kuJehova
uNkulunkulu wenu nakinina.

17Ngalokho ake nithethelele isono sami ngalesi sikhathi esisodwa nje,
nincenge uJehova uNkulunkulu wenu ukuba asuse kimi lokhu kufa kuphela.

18Waphuma kuFaro, wamncenga uJehova.

19UJehova wayesewuphendula umoya waba ngowasentshonalanga
onamandla amakhulu; wona wasusa isikhonyane, wasilahla eLwandle
Olubomvu; akwasala sikhonyane nesisodwa ezweni lonke laseGibithe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Kepha uJehova wayenza lukhuni inhliziyo kaFaro, kabavumelanga abantwana bakwa-Israyeli ukuba bahambe.

### Inhlupheko yesishiyagalolunye: ubumnyama

[21]UJehova wayesethi kuMose: Yelula isandla sakho ngasezulwini ukuba kube khona ubumnyama ezweni laseGibithe obuphatheka ngesandla.

[22] UMose wayeseselula isandla sakhe ngasezulwini; kwaba khona isigayegaye esinzima ezweni lonke laseGibithe izinsuku ezintathu.

[23]Ababonananga; akusukanga muntu endaweni yakhe izinsuku zaze zaba ntathu; kepha kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli kwakukhona ukukhanya emakhaya abo.

[24]UFaro wambiza uMose, wathi: Hambani nimkhonze uJehova, kusale kuphela izimvu zenu nezinkomo zenu; izingane zenu zingahamba nani.

[25]Wathi uMose: Wonikela esandleni sethu imihlatshelo neminikelo yokushiswa, ukuze sihlabele uJehova uNkulunkulu wethu.

[26]Imfuyo yethu nayo iyakuhamba nathi; akuyikusala nanselo, ngokuba siyakuthatha kuyo lokhu esiyakumkhonza ngakho uJehova uNkulunkulu wethu; asikwazi esiyakumkhonza ngakho uJehova, singakafiki khona.

[27]Kepha uJehova wayenza lukhuni inhliziyo kaFaro, kabavumelanga ukuba bahambe.

[28]UFaro wathi kuye: Suka kimi, uqaphele ukuba ungabuboni ubuso bami futhi; ngokuba mhla ubona ubuso bami, uyakufa.

[29]Wathi uMose: Ukhulume kahle; angisayikubuye ngibone ubuso bakho.

## U-Eksodusi 11

### Inhlupheko yeshumi: ukufa kwamazibulo

[1] UJehova wayesethi kuMose: Ngisezakuletha inhlupheko eyodwa kuFaro nakulo iGibithe; ngasemuva uyakunivumela ukuba nisuke lapha; yebo, nxa eniyeka ukuba nihambe, uzakunixosha nokunixosha lapha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Khuluma manje ezindlebeni zabantu ukuba yilowo nalowo mlisa acele kumakhelwane wakhe, yilowo nalowo wesifazane acele kumakhelwane wakhe izinto zesiliva nezinto zegolide.

3 UJehova wabapha abantu umusa emehlweni abaseGibithe. Futhi lowo muntu uMose wayemkhulu kakhulu ezweni laseGibithe emehlweni ezinceku zikaFaro nasemehlweni abantu.

4UMose wathi: Usho kanje uJehova, uthi: Ngaphakathi kwamabili ngizakuphuma, ngiye phakathi kweGibithe;

5amazibulo onke asezweni laseGibithe ayakufa, kusukela kulo izibulo likaFaro ohlala esihlalweni sakhe sobukhosi kuze kube kulo izibulo lencekukazi engasetsheni lokugaya, kanye namazibulo onke ezinkomo.

6Kuyakuba khona ukukhala okukhulu ezweni lonke laseGibithe, okungazange kube khona okungangako, okungasayikuba khona futhi okungangako.

7Kepha kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli akuyikubakho nanja eyakugwavumela umuntu nenkomo, ukuze nazi ukuthi uJehova uyahlukanisa iGibithe no-Israyeli.

8Zonke lezi zinceku zakho ziyakwehla, zifike kimi, zingikhothamele, zithi: Phuma wena nabantu bonke abakulandelayo; emva kwalokho ngizakuphuma. Waphuma kuFaro evutha ulaka.

9 Wayesethi uJehova kuMose: UFaro akayikukulalela ukuba izimangaliso zami zande ezweni laseGibithe.

10 OMose no-Aroni bazenza zonke lezi zimangaliso ebusweni bukaFaro; uJehova wayenza lukhuni inhliziyo kaFaro, kabavumelanga abantwana bakwa-Israyeli ukuphuma ezweni lakhe.

## U-Eksodusi 12

### Ukumiswa komkhosi wephasika

1UJehova wayesekhuluma kuMose naku-Aroni ezweni laseGibithe, ethi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Le nyanga iyakuba kini inhloko yezinyanga, ibe yinyanga yokuqala emnyakeni kini.

3Khulumani kuyo inhlangano yonke yakwa-Israyeli, nithi: Ngolweshumi lwale nyanga yilowo nalowo makazithathele iwundlu ngokwezindlu zawoyise, kube yiwundlu ngendlu;

4uma abomuzi bengalaneli iwundlu, wolithatha nomakhelwane wakhe oseduze nomuzi wakhe njengenani labantu; kulelo nalelo wundlu anobala inani elithile njengokudla kwalowo nalowo muntu.

5Iwundlu malingabi nasici, libe ngeleduna, libe nomnyaka munye, nilithathe ezimvini noma ezimbuzini;

6 niyakuligcina kuze kube sosukwini lweshumi nane lwaleyo nyanga; ibandla lonke lenhlangano yakwa-Israyeli liyakulihlaba ngakusihlwa.

7Bazakuthabatha igazi, balibhece ezinsikeni zombili zomnyango nasekhothameni lomnyango ezindlini abayakulidlela kuzo.

8Bazakuyidla inyama ngalobo busuku, yosiwe ngomlilo; bayakuyidla kanye nesinkwa esingenamvubelo nemifino ebabayo.

9Ningalidli liseluhlaza, noma liphekwe nokuphekwa ngamanzi, kepha losiwe ngomlilo, ikhanda lalo kanye nemilenze yalo nezibilini zalo.

10Ningashiyi lutho kuze kube sekuseni; kepha okusele kulo kuze kube sekuseni nizakukushisa ngomlilo.

11Niyakulidla kanje: izinkalo zenu ziboshiwe, izicathulo zenu zisezinyaweni zenu, nezindondolo zenu zisezandleni zenu; niyakulidla ngokushesha; kuyiphasika likaJehova.

12 Ngokuba ngiyakudabula izwe laseGibithe ngalobo busuku, ngibulale onke amazibulo ezweni laseGibithe, abantu nezinkomo, ngenze izahlulelo kuzo zonke izithixo zaseGibithe; nginguJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Igazi liyakuba luphawu lwenu ezindlini lapho nikhona; nanxa ngibona
igazi, ngiyakudlula kini, ningehlelwa yisifo sokunibhubhisa, lapho ngibulala
izwe laseGibithe.

14 Lolo suku luyakuba yisikhumbuzo kini, nilugcine lube ngumkhosi
kaJehova; anolugcina izizukulwane ngezizukulwane ngokomthetho
waphakade.

15 Izinsuku eziyisikhombisa niyakudla isinkwa esingenamvubelo; yebo,
ngosuku lokuqala noyikhipha imvubelo ezindlini zenu, ngokuba bonke abadla
okuvutshelweyo, kusukela osukwini lokuqala kuze kufike usuku
lwesikhombisa, labo bantu bayakunqunywa kwa-Israyeli.

16Ngosuku lokuqala niyakuba nomhlangano ongcwele, nangosuku
lwesikhombisa nibe nomhlangano ongcwele; kungasetshenzwa ngazo,
kuphela okudliwa ngabantu bonke; lokhu kodwa makwenziwe yinina.

17 Niyakugcina umkhosi wesinkwa esingenamvubelo, ngokuba ngalona lolo
suku ngikhiphile amabandla enu ezweni laseGibithe; ngalokho anogcina lolu
suku ezizukulwaneni zenu zonke ngokomthetho waphakade.

18 Ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nane ngakusihlwa niyakudla
isinkwa esingenamvubelo, kuze kufike usuku lwamashumi amabili nanye
lwenyanga ngakusihlwa.

19Izinsuku eziyisikhombisa akuyikutholakala mvubelo ezindlini zenu,
ngokuba yilowo nalowo odlayo okuvutshelweyo yena uyakunqunywa
ebandleni lakwa-Israyeli, noma engumfokazi noma engowokuzalwa ezweni.

20Ningadli lutho oluvutshelweyo; ezindlini zenu zonke anodla isinkwa
esingenamvubelo.

21 UMose wayesebiza amalunga akwa-Israyeli, wathi kuwo: Hambani
nizithathele amawundlu ngokwemindeni yenu, nihlabe iphasika.

22Nothatha isithungu sehisopi, nisicwilise egazini elisemcengezini, nibhece
ikhothamo nezinsika zombili zomnyango ngegazi elisemcengezini;
akuyikuphuma muntu emnyango waleyo ndlu kuze kube sekuseni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

23Ngokuba uJehova uyakudabula ukuyoshaya abaseGibithe; nanxa ebona
igazi elisekhothameni nasezinsikeni zombili, uJehova uyakudlula kulowo
mnyango, angamvumeli umbhubhisi ukuba angene ezindlini zenu
ukuyobulala.

24 Niyakugcina le nto ibe ngumthetho kuwena nakuwo amadodana akho kuze
kube phakade.

25Kuyakuthi lapho senifike ezweni uJehova azakuninika lona
njengesithembiso sakhe, niyakugcina inkonzo yakhe.

26Kuyakuthi nxa abantwana benu besho kini, bethi: Iyini le nkonzo kini na?

27nithi: Kungumhlatshelo wephasika likaJehova owadlula kuzo izindlu
zabantwana bakwa-Israyeli mhla ebulala abaseGibithe, ezophula izindlu
zethu. Abantu bakhothama, bakhuleka.

28Abantwana bakwa-Israyeli basuka, benze njalo; njengalokho uJehova
ebayalile oMose no-Aroni, benze njalo-ke.

**Amazibulo abaseGibithe ayabulawa**

29 Kwathi phakathi kwamabili uJehova wabulala onke amazibulo ezweni
laseGibithe, kusukela kulo izibulo likaFaro owayehlala esihlalweni sakhe
sobukhosi kuze kube kulo izibulo lesiboshwa esasisetilongweni, kanye
namazibulo onke ezinkomo.

30UFaro wavuka ebusuku, yena nezinceku zakhe zonke, nabo bonke
abaseGibithe; kwaba khona ukukhala okukhulu eGibithe, ngokuba
kwakungekhondlu, lapho kungafanga muntu khona.

31Wababiza oMose no-Aroni ebusuku, wathi: Vukani niphume kubantu bami,
nina nabantwana bakwa-Israyeli, nihambe niyokhonza uJehova, njengalokho
nishilo.

32Thathani izimvu zenu nezinkomo zenu, njengalokho nishilo, nihambe,
ningibusise nami.

33AbaseGibithe babebacindezela abantu ukuba babakhiphe ezweni
ngokushesha, ngokuba bathi: Thina sonke sifile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

34Abantu base bethatha inhlama yabo ingakavutshelwa, nezingqwembe zabo zokuxova isinkwa, ziboshwe ezingutsheni zabo emahlombe abo.

35 Abantwana bakwa-Israyeli benza-ke njengezwi likaMose; bacela kwabaseGibithe izinto zesiliva, nezinto zegolide, nezingubo.

36UJehova wabenzela abantu umusa emehlweni abaseGibithe, babapha lokho abakucelayo. Babaphundla abaseGibithe.

### Abakwa-Israyeli basuka eGibithe

37 Abantwana bakwa-Israyeli basuka eRamsesi, bafika eSukoti, kungathi abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha behamba phansi, bengamadoda ngaphandle kwabantwana.

38Kwenyuka nabo ingxubevange yabantu, nezimvu, nezinkomo, imfuyo eningi kakhulu.

39Ngenhlama abaphuma nayo eGibithe benza amaqebelengwane angenamvubelo, ngokuba yayingavutshelwe, lokhu baxoshwa eGibithe bengenakulibala, futhi bengazilungiselanga mphako.

40 Ukuhlala kwabantwana bakwa-Israyeli abakuhlalayo eGibithe kwakuyiminyaka engamakhulu amane namashumi amathathu.

41Kwathi ekupheleni kweminyaka engamakhulu amane namashumi amathathu, kwathi ngalona lolo suku, amabandla onke kaJehova aphuma ezweni laseGibithe.

42Kungubusuku obuzakugcinelwa uJehova ngokubakhipha kwakhe ezweni laseGibithe, ngubusuku bukaJehova obuzakugcinwa yibo bonke abantwana bakwa-Israyeli ezizukulwaneni zabo.

### Umthetho wephasika

43UJehova wayesethi kuMose naku-Aroni: Lokhu kungumthetho wephasika: owezizwe makangalidli;

44kepha zonke izigqila ezithengwa ngumuntu ngemali mazilidle, uma zisokiwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

45Izihambi noqashiweyo mabangalidli.

46 Liyakudliwa endlini inye; ungaphumisi lutho lwenyama ngaphandle kwendlu; ningaphuli thambo lalo.

47Ibandla lonke lakwa-Israyeli liyakukugcina lokhu.

48 Nxa umfokazi ogogobeleyo kuwe ezakumgcinela uJehova iphasika, mabasoke bonke abesilisa bakhe, asondele aligcine, abe njengowokuzalwa ezweni; kepha malingadliwa muntu ongasokiwe.

49Mawube munye umthetho kowokuzalwa ekhaya nakumfokazi ogogobeleyo phakathi kwenu.

50Benza kanjalo bonke abantwana bakwa-Israyeli; njengalokho ebayalile oMose no-Aroni, benze njalo-ke.

51Kwathi ngalona lolo suku uJehova wakhipha abantwana bakwa-Israyeli ezweni laseGibithe ngamabandla abo.

## U-Eksodusi 13

### Amazibulo ayahlukaniselwa uJehova

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Ngahlukanisele onke amazibulo, konke okuvula isizalo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, kubantu nasezinkomeni; kungokwami.

3UMose wayesethi kubantu: Khumbulani lolu suku eniphume ngalo eGibithe, indlu yobugqila, ngokuba ngesandla esinamandla uJehova unikhiphile kule ndawo: akuyikudliwa sinkwa esivutshelweyo.

4Namuhla niyaphuma, ngenyanga ka-Abibi.

5 Kuyakuthi nxa uJehova ekungenisile ezweni lamaKhanani, nelamaHeti, nelama-Amori, nelamaHivi, nelamaJebusi alifungela koyihlo ukukunika lona, izwe elivama ubisi nezinyosi, uyakugcina le nkonzo kule nyanga.

6 Izinsuku eziyisikhombisa uyakudla isinkwa esingenamvubelo, ngolwesikhombisa kube khona umkhosi kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Isinkwa esingenamvubelo siyakudliwa izinsuku eziyisikhombisa;
akuyikubonakala sinkwa esivutshelweyo kuwe, kungabonwa namvubelo
ezweni lakho lonke.

8Uzakutshela indodana yakho ngalolo suku, uthi: Kungenxa yalokho uJehova
angenzela khona ekuphumeni kwami eGibithe.

9 Kuyakuba luphawu kuwe esandleni sakho, kube yisikhumbuzo phakathi
kwamehlo akho, ukuze umthetho kaJehova ube semlonyeni wakho, ngokuba
ngesandla esinamandla uJehova wakukhipha eGibithe.

10Ngakho uyakuwugcina lo mthetho ngesikhathi sawo iminyaka ngeminyaka.

11 Kuyakuthi lapho uJehova esezakukungenisa ezweni lamaKhanani,
njengalokho wafunga kuwe nakoyihlo, akuphe lona,

12 wodlulisela kuJehova konke okuvula isizalo nawo onke amazibulo
ezinkomo onawo; amaduna onke azakuba ngakaJehova.

13Onke amazibulo ezimbongolo wowahlenga ngewundlu; uma ungawahlengi,
wowaphula intamo; amazibulo onke abantu kumadodana akho wowahlenga.

14 Kuyakuthi lapho indodana yakho ikubuza ngesikhathi esizayo, ithi: Kuyini
lokhu? wothi kuyo: Ngesandla esinamandla uJehova wasikhipha eGibithe,
indlu yobugqila.

15Kwathi uFaro evuma kalukhuni ukuba sihambe, uJehova wabulala
amazibulo onke asezweni laseGibithe, amazibulo abantu namazibulo
ezinkomo; ngalokho ngiyahlabela uJehova konke okuvula isizalo
okungamaduna; kepha onke amazibulo amadodana ami ngiyawahlenga.

16Kuyakuba luphawu esandleni sakho nesikhumbuzo phakathi kwamehlo
akho, ngokuba ngesandla esinamandla uJehova wasikhipha eGibithe.

### Ukuhamba kwabakwa-Israyeli ukuya eLwandle Olubomvu

17Kwathi uFaro esebavumele abantu ukuba bahambe, uNkulunkulu
akabaholanga ngendlela yasezweni lamaFilisti, noma kwakuyiyona eseduze;
ngokuba uNkulunkulu wathi: Funa mhlawumbe abantu bazisole, nxa bebona
impi, babuyele eGibithe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Kepha uNkulunkulu wabagwegwisa abantu ngendlela yasehlane ngaseLwandle Olubomvu; abantwana bakwa-Israyeli bakhuphuka ezweni laseGibithe behlomile.

19 UMose wathatha amathambo kaJosefa, wahamba nawo, ngokuba wayebafungisile nokubafungisa abakwa-Israyeli, ethi: Impela uNkulunkulu uyakunihambela nokunihambela, nikhuphule lapha amathambo ami kanye nani.

20 Basuka eSukoti; baya bamisa e-Etamu eceleni kwehlane.

21UJehova wahamba phambi kwabo emini ngensika yefu eyobahola endleleni, nasebusuku ngensika yomlilo eyobakhanyisela ukuba bahambe imini nobusuku.

22Insika yefu emini nensika yomlilo ebusuku ayisukanga ebusweni babantu.

## U-Eksodusi 14

### Ukubhubha kwabaseGibithe eLwandle Olubomvu

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Yisho kwabakwa-Israyeli ukuba babuyele emuva, bamise ngaphambi kwePhi Hahiroti, ngaphakathi kweMigidoli nolwandle, phambi kweBali Sefoni; anomisa ngaselwandle, nibhekane nalo.

3UFaro uyakuthi ngabantwana bakwa-Israyeli: Badidekile ezweni, ihlane libavalele.

4Ngiyakuyenza lukhuni inhliziyo kaFaro, abalandele; ngiyakudunyiswa ngoFaro nangebandla lakhe lonke; abaseGibithe bayakwazi ukuthi nginguJehova. Benze njalo-ke.

5Inkosi yaseGibithe yabikelwa ukuthi abantu sebebalekile; inhliziyo kaFaro neyezinceku zakhe yabaguqukela abantu, bathi: Yini lokhu esikwenzileyo, sabavumela abakwa-Israyeli ukuba bahambe, bangasikhonzi, na?

6Wabophela inqola yakhe, wahamba nabantu bakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Wathatha izinqola ezingamakhulu ayisithupha ezikhethiweyo, nezinqola zonke zaseGibithe, nezinduna zazo zonke.

8 UJehova wayenza lukhuni inhliziyo kaFaro inkosi yaseGibithe; waxosha abakwa-Israyeli; ngokuba abantwana bakwa-Israyeli baphuma ngesandla esiphakamileyo.

9AbaseGibithe babaxosha, amahhashi onke, nezinqola zikaFaro, nabamahhashi bakhe, nempi yakhe, babafica bemise ngaselwandle ngasePhi Hahiroti ngaphambi kweBali Sefoni.

10UFaro esesondela, abantwana bakwa-Israyeli baphakamisa amehlo abo; bheka, abaseGibithe babebalandela; base besaba kakhulu; abantwana bakwa-Israyeli bakhala kuJehova.

11 Bathi kuMose: Kungokuba kwakungekho mathuna eGibithe usikhiphile ukuba sifele ehlane na? Usenzeleni lokhu, wasikhipha eGibithe, na?

12Leli alisilo izwi esalikhuluma kuwe eGibithe, sithi: Siyeke, sikhonze abaseGibithe, na? Ngokuba bekuyakuba ngcono kithi ukubakhonza abaseGibithe kunokuba sifele ehlane.

13UMose wathi kubantu: Ningesabi; qinani, nibone ukusindisa kukaJehova azakunenzela khona namuhla, ngokuba abaseGibithe enibabonile namuhla anisayikubuye nibabone naphakade.

14 UJehova uzakunilwela, nothula nina.

15UJehova wayesethi kuMose: Ukhalelani kimi na? Yisho kubantwana bakwa-Israyeli ukuba bahambe.

16Phakamisa wena induku yakho, welule isandla sakho phezu kolwandle, ulwahlukanise; abantwana bakwa-Israyeli bazakuhamba phakathi kolwandle emhlabathini owomileyo.

17Bheka, mina ngiyakuzenza lukhuni izinhliziyo zabaseGibithe, babalandele; ngizakudunyiswa ngoFaro nangempi yakhe yonke, ngezinqola zakhe nangabamahhashi bakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18AbaseGibithe bazakwazi ukuthi nginguJehova, nxa ngidunyisiwe ngoFaro,
ngezinqola zakhe nangabamahhashi bakhe.

19Ingelosi kaNkulunkulu eyayihambile phambi kwempi ka-Israyeli yasuka
yahamba emva kwabo, nensika yefu yasuka phambi kwabo, yema emva
kwabo.

20Yafika phakathi kwempi yaseGibithe nempi yakwa-Israyeli; kwakukhona ifu
nobumnyama, noma ikhanya ebusuku, ukuze izimpi zingakwazi
ukusondelana ubusuku bonke.

21 UMose wayeselula isandla sakhe phezu kolwandle; uJehova wamukisa
amanzi ngomoya onamandla wasempumalanga ubusuku bonke, waphendula
ulwandle lwaba ngumhlabathi owomileyo, amanzi ahlukana.

22 Abantwana bakwa-Israyeli bangena phakathi kolwandle emhlabathini
owomileyo; amanzi aba lugange kubo ngakwesokunene nangakwesokhohlo.

23AbaseGibithe babaxosha, bangena emva kwabo ngaphakathi kolwandle,
namahhashi onke kaFaro, nezinqola zakhe, nabamahhashi bakhe.

24Kwathi ngomlindo wokusa uJehova walunguza impi yabaseGibithe,
esensikeni yomlilo neyefu, wayidunga impi yabaseGibithe.

25Wawisa amasondo ezinqola ukuba bahambise kalukhuni, baze bathi
abaseGibithe: Masibaleke ebusweni buka-Israyeli, ngokuba uJehova
uyabalwela emelene nabaseGibithe.

26Wayesethi uJehova kuMose: Yelula isandla sakho phezu kolwandle ukuba
amanzi abuyele phezu kwabaseGibithe, phezu kwezinqola zabo
nabamahhashi babo.

27UMose wayeselula isandla sakhe phezu kolwandle, ulwandle lwabuyela
endaweni yalo ngokufika kokusa; abaseGibithe balubalekela; uJehova
wabathuntuthela abaseGibithe phakathi kolwandle.

28 Amanzi abuyela, asibekela izinqola, nabamahhashi, nayo yonke impi
kaFaro eyangena elwandle emva kwazo; akwasala noyedwa kubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[29]Kepha abantwana bakwa-Israyeli bahamba emhlabathini owomileyo phakathi kolwandle; amanzi aba lugange kubo ngakwesokunene nangakwesokhohlo.

[30]Kanjalo uJehova wasindisa u-Israyeli esandleni sabaseGibithe; u-Israyeli wababona abaseGibithe befile ogwini lolwandle.

[31]U-Israyeli wabona umsebenzi omkhulu uJehova awenzile phezu kwabaseGibithe; abantu base bemesaba uJehova, bakholwa nguJehova nenceku yakhe uMose.

## U-Eksodusi 15

### Ihubo lokudumisa kuka-Israyeli

[1]Base behlabelela uMose nabantwana bakwa-Israyeli leli gama, bekhuluma bethi: Ngizakuhlabelela kuJehova, ngokuba uphakeme kakhulu; ihhashi nenkweli yalo ukuphonse elwandle.

[2] UJehova ungamandla ami nehubo lami; waba yinsindiso kimi; unguNkulunkulu wami: ngizakumdumisa, noNkulunkulu kababa: ngizakumphakamisa.

[3] UJehova uyindoda yempi; nguJehova igama lakhe.

[4]Izinqola zikaFaro nempi yakhe ukuphonse elwandle; izinduna zakhe ezikhethiweyo zaminza eLwandle Olubomvu.

[5]Izintwa ziyabasibekela; bashona ezinzulwini njengetshe.

[6] Isandla sakho sokunene, Nkosi, sidumisekile ngamandla aso; esokunene sakho, Nkosi, siyaphahlaza isitha.

[7]Ngobukhulu bobukhosi bakho uyachitha abakuvukelayo; uyathuma intukuthelo yakho, ibaqede njengamabibi.

[8]Ngokufutha kwamakhala akho amanzi anqwabeleka; izifufula zema njengenqwaba, amadlambi ashuqa phakathi kolwandle.

[9] Isitha sathi: Ngiyakubaxosha, ngibafice, ngahlukanise impango, inhliziyo yami idele ngabo; ngiyakuhosha inkemba yami, isandla sami sibachithe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Waphephetha ngomoya wakho, ulwandle lwabasibekela; baminzisa okomthofu emanzini anamandla.

11 Ngubani onjengawe Jehova phakathi kwawonkulunkulu; ngubani onjengawe okhazimula ngobungcwele, owesabeka ngezibongo, owenza izimangaliso, na?

12 Welula isandla sakho sokunene, umhlaba wabagwinya.

13 Ngomusa wakho wabahola abantu obahlengileyo; ngamandla akho wabayisa endlini yakho engcwele.

14 Izizwe zizwile; ziyakuthuthumela; abakhe eFilistiya behlelwe luvalo.

15 Khona aphaphatheka amakhosi akwa-Edomi; izikhulu zakwaMowabi zabanjwa yitwetwe; bonke abakhe eKhanani baphelile amandla.

16 Bayehlelwa luvalo nokwesaba; ngokobukhulu bengalo yakho bathulisa okwetshe, baze bawele abantu bakho, Jehova, baze bawele abantu bakho obathengileyo.

17 Uzakubangenisa, ubatshale entabeni yefa lakho, indawo ozenzele yona, Jehova, ukuba uhlale kuyo, indlu engcwele, Nkosi, eziyimisile izandla zakho.

18 UJehova uyakubusa kuze kube phakade.

19 Ngokuba amahhashi kaFaro angena elwandle kanye nezinqola zakhe nabamahhashi bakhe, uJehova wabuyisela amanzi olwandle phezu kwabo; kepha abantwana bakwa-Israyeli bahamba emhlabathini owomileyo ngaphakathi kolwandle.

20 UMiriyamu umprofethikazi, udadewabo ka-Aroni, waphatha isigubhu ngesandla sakhe; bonke abesifazane baphuma emva kwakhe bephethe izigubhu, besina.

21 UMiriyamu wabaphendula ngokuthi: Hlabelelani kuJehova, ngokuba uphakeme kakhulu; ihhashi nenkweli yalo ukuphonse elwandle.

**Amanzi ababayo aseMara**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

22 UMose wayesebahola abakwa-Israyeli besuka eLwandle Olubomvu, baya ehlane laseShuri; bahamba ehlane izinsuku ezintathu bengafumani manzi.

23 Sebefika eMara babengenakuphuza amanzi aseMara, lokhu ayebaba; ngalokho igama lalo lathiwa iMara.

24 Abantu bakhonona ngoMose, bathi: Siyakuphuzani na?

25 Wayesekhala kuJehova; uJehova wambonisa umuthi; wawuphonsa emanzini, amanzi aba mtoti. Wabamisela khona isimiso nomthetho; wabavivinya lapho,

26 wathi: Uma ulalela nokulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho, ukwenze okulungile emehlweni akhe, ulalele imiyalo yakhe, ugcine izimiso zakhe zonke, angiyikubeka phezu kwakho nasinye salezo zifo engizibeke phezu kwabaseGibithe, ngokuba nginguJehova okuphilisayo.

### Ukufika kwabakwa-Israyeli e-Elimi

27 Bafika e-Elimi, lapho kwakukhona imithombo eyishumi nambili yamanzi namasundu angamashumi ayisikhombisa; bamisa khona ngasemanzini.

## U-Eksodusi 16

### Ukukhonona kwabakwa-Israyeli ehlane laseSini

1 Basuka e-Elimi; ibandla lonke labantwana bakwa-Israyeli lafika ehlane laseSini eliphakathi kwe-Elimi neSinayi ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga yesibili emva kokuphuma ezweni laseGibithe.

2 Lonke ibandla labantwana bakwa-Israyeli lakhonona ngoMose nango-Aroni ehlane.

3 Abantwana bakwa-Israyeli bathi kubo: Sengathi nga safa ngesandla sikaJehova ezweni laseGibithe, lapho sasihlezi ngasemakhanzini enyama, sidla isinkwa sisutha, ngokuba nisiphumisele kuleli hlane ukuyobulala lonke leli bandla ngendlala.

### Abantu basuthiswa ngezigwaca nangemana*

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 UJehova wayesethi kuMose: Bheka, ngizakuninisela isinkwa esivela ezulwini; abantu bayakuphuma, babuthe isabelo sosuku imihla ngemihla, ukuze ngibavivinye ukuthi bazakuhamba yini emthethweni wami noma qha.

5 Kuzakuthi ngosuku lwesithupha bakulungise abakungenisileyo; kuzakuba ngokuphindwe kabili kwalokhu abakubutha imihla ngemihla.

6 OMose no-Aroni bathi kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli: Ngakusihlwa niyakwazi ukuthi uJehova unikhiphile ezweni laseGibithe.

7 Kusasa niyakubona inkazimulo kaJehova, lokhu ezwile izinkonono zenu ngoJehova; thina siyini ukuba nikhonone ngathi na?

8 UMose wathi: Lokhu kuzakwenzeka, lapho uJehova eyakuninika inyama kusihlwa ukuba nidle, nasekuseni isinkwa ukuze nisuthe; ngokuba uJehova uyezwa izinkonono zenu enikhonona ngaye ngazo; thina siyini? Izinkonono zenu azingathi, zingoJehova.

9 UMose wathi ku-Aroni: Yisho kuyo yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli ukuthi: Sondelani phambi kukaJehova, ngokuba uzwile izinkonono zenu.

10 Kwathi u-Aroni esakhuluma kuyo yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli, babheka ngasehlane; bheka, inkazimulo kaJehova yabonakala efwini.

11 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

12 Ngizwile izinkonono zabantwana bakwa-Israyeli; khuluma kubo, uthi: Ngakusihlwa niyakudla inyama, kusasa nisuthe isinkwa, nize nazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu.

13 Kwathi kusihlwa kwenyuka izigwaca, zasibekela ikamu; ngakusasa kwakulele amazolo ekamu nxazonke.

14 Esenyukile amazolo akade elele khona, bheka, nakho okuthile okuncane okunjengenkwethu, kuncane njengongqoqwane emhlabathini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

15 Bakubona abantwana bakwa-Israyeli, bathi omunye komunye: Yini le? ngokuba babengazi ukuthi kuyini. UMose wathi kubo: Kuyisinkwa uJehova aninike sona ukuba nisidle.

16 Lokhu kuyikho uJehova ayalile ngakho ukuthi: Kubutheni, kube yilowo nalowo njengokudla kwakhe; anothatha iyomere ngomuntu ngokwenani labantu benu, yilowo nalowo abathathele abasetendeni lakhe.

17 Abantwana bakwa-Israyeli benze njalo: abanye babutha okuningi abanye okuyingcosana.

18 Lapho sebelinganisa ngeyomere, yena owayebuthe okuningi akabanga nokuseleyo, nowayebuthe okuyingcosana akaswelanga. Yilowo nalowo wabutha njengokudla kwakhe.

19 UMose wayesethi kubo: Makungashiywa lutho kukho ngumuntu kuze kuse.

20 Kodwa abamlalelanga uMose; abanye kubo bashiya okunye kwaze kwasa, kwazala izimpethu, kwanuka, uMose waze wabathukuthelela.

21 Bakubutha ekuseni njalo imihla ngemihla, kwaba yilowo nalowo muntu njengokudla kwakhe; kepha nxa ilanga selibalele, kwancibilika.

22 Kwathi ngosuku lwesithupha babutha isinkwa esiphindwe kabili, amayomere amabili kumuntu munye; zonke izinduna zomhlangano zafika, zamtshela uMose.

23 Wathi kuzo: Lokhu kuyikho uJehova akukhulumileyo: kusasa kulusuku lokuphumula, isabatha elingcwele likaJehova; yosani lokho eniyakukosa, nipheke lokho eniyakukupheka, nizibekele konke okuseleyo, kulondolozwe kuze kuse.

24 Bakubeka kwaze kwasa, njengalokho eyalile uMose; akunukanga, akwaba nampethu.

25 Wayesethi uMose: Yidlani lokhu namuhla, ngokuba namuhla kuyisabatha likaJehova; namuhla aniyikukuthola endle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

26Anokubutha izinsuku eziyisithupha, kepha ngosuku lwesikhombisa kuyisabatha; akuyikubakho ngalo.

27Kwathi ngosuku lwesikhombisa kwaphuma abanye abantu ukuba bakubuthe, kepha kabakutholanga.

28UJehova wathi kuMose: Niyakwala kuze kube nini ukugcina imiyalo yami nemithetho yami na?

29Bhekani, njengalokho uJehova eniphile isabatha, ngalokho uyaninika ngosuku lwesithupha isinkwa sezinsuku ezimbili; hlalani, kube yilowo nalowo endaweni yakhe, kungaphumi muntu endaweni yakhe ngosuku lwesikhombisa.

30Base bephumula-ke abantu ngosuku lwesikhombisa.

31Indlu yakwa-Israyeli yaqamba igama lakho ngokuthi imana; kwakunjengembewu yekoriyanderi, kumhlophe; kwezwakala emlonyeni kungathi ngamaqebelengwane anezinyosi.

32 UMose wathi: Lokhu kuyikho uJehova ayalile ngakho ukuthi: Makulondolozwe ezizukulwaneni iyomere eligcweleyo lalokhu ukuba babone isinkwa enganipha sona ehlane ngisanikhipha ezweni laseGibithe.

33UMose wathi ku-Aroni: Thatha isitsha, ufake iyomere eligcweleyo lemana, ukubeke phambi kukaJehova, kulondolozelwe izizukulwane zenu.

34Njengalokho uJehova emyala uMose, kanjalo u-Aroni wakubeka phambi kobuFakazi, kulondolozwe.

35 Abantwana bakwa-Israyeli badla imana iminyaka engamashumi amane, baze bafika ezweni elakhiweyo; badla imana, baze bafika emikhawulweni yezwe laseKhanani.

36Iyomere lingokweshumi kwe-efa.

## U-Eksodusi 17

### Abantu bakhonona eMasa

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

1 Ibandla lonke labantwana bakwa-Israyeli lasuka ehlane laseSini, bahamba ngamabanga njengesiyalo sikaJehova, bamisa eRefidimi; kwakungekho manzi okuba abantu baphuze.

2 Ngalokho abantu baphikisana noMose, bathi: Siphe amanzi, siphuze. UMose wathi kubo: Yini ukuba niphikisane nami na? Nimlingelani uJehova na?

3Abantu bomela khona amanzi; abantu bakhonona ngoMose, bathi: Usikhuphuleleni eGibithe ukuba usibulale, thina nabantwana bethu nezinkomo zethu ngokoma, na?

4UMose wayesekhala kuJehova, ethi: Ngizakwenzani kulaba bantu na? Sekukancane ukuba bangikhande ngamatshe.

5 UJehova wathi kuMose: Dlulela phambi kwabantu, uthathe amalunga akwa-Israyeli; nenduku yakho owashaya ngayo umfula, yiphathe ngesandla sakho, uhambe.

6 Bheka, ngiyakuma phambi kwakho edwaleni laseHorebe; uzakushaya itshe, kuphume amanzi kulo, abantu baphuze. Wenze njalo uMose emehlweni amalunga akwa-Israyeli.

7Waqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iMasa neMeriba ngenxa yokuphikisana kwabantwana bakwa-Israyeli, nangokuba bemlinga uJehova, bethi: Ukhona yini uJehova phakathi kwethu noma qha?

### Ukulwa no-Amaleki

8 Kwase kufika u-Amaleki, walwa no-Israyeli eRefidimi.

9UMose wathi kuJoshuwa: Sikhethele amadoda, uphume ulwe no-Amaleki; kusasa ngizakuma esiqongweni sentaba, induku kaNkulunkulu isesandleni sami.

10UJoshuwa wenze njalo, njengalokho uMose eshilo kuye, walwa no-Amaleki; oMose, no-Aroni, noHure bakhuphukela esiqongweni sentaba.

11Kwathi uMose esephakamisile isandla sakhe, u-Israyeli wahlula, kepha nxa esehlisa, u-Amaleki wahlula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Kodwa izandla zikaMose zaba nzima; bathatha itshe, walibeka phambi kwakhe, wahlala kulo; o-Aroni noHure basekela izandla zakhe, omunye engalapha, omunye engalapha; zase zihlala ziqinile izandla zakhe laze lashona ilanga.

13 UJoshuwa wamchitha u-Amaleki nabantu bakhe ngosiko lwenkemba.

14 UJehova wathi kuMose: Kulobe lokhu kube yisikhumbuzo encwadini, ukubeke ezindlebeni zikaJoshuwa ukuthi ngizakuqothula ukukhunjulwa kuka-Amaleki phansi kwezulu.

15 UMose walakha i-altare, waliqamba igama lokuthi iJehova-Nisi.

16 Wathi: Isandla singasesihlalweni sobukhosi sikaJehova sokuthi uJehova uyakulwa no-Amaleki izizukulwane ngezizukulwane.

## U-Eksodusi 18

### UJetiro uyahambela uMose

1 UJetiro umpristi wakwaMidiyani, umukhwe kaMose, wezwa konke uNkulunkulu abenzele khona oMose no-Israyeli abantu bakhe, ukuthi uJehova wayemkhiphile u-Israyeli eGibithe.

2 UJetiro umukhwe kaMose wathatha uSipora umkaMose, yena esekade embuyisile,

3 namadodana akhe omabili, igama lenye linguGereshomu, ngokuba wayethe: Ngangingumfokazi kwelinye izwe,

4 igama lenye lalingu-Eliyezeri, ngokuba wathi: UNkulunkulu kababa ubelusizo lwami, wangophula enkembeni kaFaro.

5 UJetiro umukhwe kaMose wafika namadodana akhe nomkakhe kuMose ehlane, lapho wayemise khona ngasentabeni kaNkulunkulu.

6 Wathi kuMose: Mina mukhwe wakho uJetiro ngize kuwe, kanye nomkakho, namadodana akhe omabili enaye.

7 UMose waphuma ukumhlangabeza umukhwe wakhe, wamkhothamela, wamanga; babuzana impilo, bangena etendeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8UMose wayesemlandisa umukhwe wakhe konke uJehova abekwenzile kuFaro nakubo abaseGibithe ngenxa ka-Israyeli, konke ukushikashikeka okwabehlela endleleni, nokuthi uJehova wabophula.

9UJetiro wathokoza ngakho konke okuhle uJehova akwenzile ku-Israyeli, ebophulile esandleni sabaseGibithe.

10Wathi uJetiro: Makabongwe uJehova onophulile esandleni sabaseGibithe nasesandleni sikaFaro, ebophulile abantu phansi kwesandla sabaseGibithe.

11 Kalokhu ngiyazi ukuthi uJehova mkhulu kunabo bonke onkulunkulu, yebo, kulokhu ababebagabisela ngakho.

12UJetiro umukhwe kaMose wamthathela uNkulunkulu umnikelo wokushiswa nemihlatshelo; weza u-Aroni kanye nawo onke amalunga akwa-Israyeli ukuyokudla nomukhwe kaMose phambi kukaNkulunkulu.

### Abahluleli bamiswa kwa-Israyeli

13Kwathi ngangomuso uMose wayehlala ukwahlulela abantu; abantu babemi ngakuMose kusukela ekuseni kwaze kwahlwa.

14Umukhwe kaMose esebona konke abenzela khona abantu, wathi: Kuyini lokhu obenzela khona bantu na? Uhlalelani wedwa, abantu bonke bemi ngakuwe kusukela ekuseni kuze kuhlwe na?

15UMose wathi kumukhwe wakhe: Kungokuba abantu beza kimi ukuyombuza uNkulunkulu.

16Uma benendaba, beza kimi; ngiyahlulela phakathi komuntu nomakhelwane wakhe, ngibazise izimiso zikaNkulunkulu nemithetho yakhe.

17Umukhwe kaMose wathi kuye: Lokhu okwenzayo akukuhle.

18Uyakudinwa nokudinwa, wena nalaba bantu abanawe, ngokuba lokhu kuyakusinda; awunakukwenza uwedwa.

19Kalokhu lalela izwi lami, ngikululeke, uNkulunkulu abe nawe; ngithi: Yiba ngumkhulumeli wabantu phambi kukaNkulunkulu, ulethe izindaba kuNkulunkulu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]ubafundise izimiso nemithetho, ubatshengise indlela abayakuhamba ngayo, nomsebenzi abayakuwenza.

[21] Futhi-ke wozifunela phakathi kwabantu bonke amadoda anamandla amesabayo uNkulunkulu, amadoda athembekileyo, azonda inzuzo engalungile, uwabeke phezu kwabo, abe yizinduna zezinkulungwane, nezinduna zamakhulu, nezinduna zamashumi ayisihlanu, nezinduna zamashumi.

[22]Akube yizona ezahlulela abantu ngezikhathi zonke, kulethwe kuwe zonke izindaba ezinkulu; kepha zonke izindaba ezincane zahlulelwe yizo uqobo, kuze kube lula kuwe, zithwalisane nawe.

[23]Uma wenza lokhu, noNkulunkulu ekuyala kanje, uzakuba namandla okuma, nabo bonke laba bantu bayakubuyela ezindaweni zabo benokuthula.

[24]UMose walalela izwi lomukhwe wakhe, wakwenza konke akushilo.

[25]UMose wakhetha amadoda anamandla phakathi kuka-Israyeli wonke, wawabeka aba yizinhloko phezu kwabantu, izinduna zezinkulungwane, nezinduma zamakhulu, nezinduna zamashumi ayisihlanu, nezinduna zamashumi.

[26]Zahlulela abantu ngezikhathi zonke; izindaba ezilukhuni zazidlulisela kuMose, kepha zonke izindaba ezincane zahlulelwa yizo uqobo.

[27]UMose wamvalelisa umukhwe wakhe; wasuka wabuyela ezweni lakubo.

## U-Eksodusi 19

### Ukufika eSinayi

[1]Ngenyanga yesithathu emva kokuphuma kwabantwana bakwa-Israyeli ezweni laseGibithe, ngalona lolo suku, bafika ehlane laseSinayi.

[2]Sebesukile eRefidimi, befike ehlane laseSinayi, bamisa ehlane; u-Israyeli wahlala khona phambi kwentaba.

[3]UMose wakhuphukela kuNkulunkulu; uJehova esentabeni wamemeza kuye, wathi: Yisho kuyo indlu kaJakobe, ubatshele abantwana bakwa-Israyeli, uthi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

4 Nibonile lokhu engikwenzile kwabaseGibithe nokuthi nganithwala
ngamaphiko okhozi, nganisondeza kimi.

5 Kalokhu uma nilalela nokulalela izwi lami, nigcine isivumelwano sami,
niyakuba yigugu kimi kunazo zonke izizwe, ngokuba umhlaba wonke
ungowami,

6 nibe ngumbuso wabapristi kimi, nesizwe esingcwele. Yilawo mazwi
ozakuwakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli.

7 UMose wafika, wabiza amalunga abantu, wabeka phambi kwabo onke lawo
mazwi uJehova amyale ngawo.

8 Bonke abantu baphendula kanyekanye, bathi: Konke akukhulumileyo
uJehova siyakukwenza. UMose wabuyisela kuJehova amazwi abantu.

9 UJehova wathi kuMose: Bheka, ngiza kuwe ngefu elinzima ukuba abantu
bezwe, nxa ngikhuluma nawe, bakholwe nguwe kuze kube phakade. UMose
walandisa uJehova amazwi abantu.

10 UJehova wayesethi kuMose: Hamba uye kubantu, ubangcwelise namuhla
nakusasa, bahlanze izingubo zabo,

11 babe sebelungile ngosuku lwesithathu; ngokuba ngosuku lwesithathu
uJehova uyakwehlela entabeni yaseSinayi emehlweni abantu bonke.

12 Wena-ke wobamisela abantu umkhawulo nxazonke, uthi: Xwayani ukuba
ningakhuphukeli entabeni, ningathinti umkhawulo wayo. Lowo othinta
intaba uyakubulawa impela;

13 makangaphathwa ngesandla, kepha impela uyakukhandwa ngamatshe
nokuba ahlatshwe ngemicibisholo; noma kuyinkomo noma kungumuntu,
akuyikuphila. Nxa icilongo likhala linganqamuki, bayakukhuphukela
entabeni.

14 UMose wehla entabeni, wabuyela kubantu, wabangcwelisa abantu;
bahlanza-ke izingubo zabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Wayesethi kubantu: Anoba senilungile ngosuku lwesithathu; ningasondeli kowesifazane.

16 Kwathi ngosuku lwesithathu sekusile, kwaba khona ukuduma nokunyazima kombani, nefu elinzima phezu kwentaba, nezwi lecilongo elizwakala kakhulu; bonke abantu abasekamu bathuthumela.

17UMose wayesebakhipha abantu ekamu ukuba bahlangane noNkulunkulu; bema phansi kwentaba.

18 Yonke intaba yaseSinayi yathunqa umusi, ngokuba uJehova wehlela phezu kwayo ngomlilo; umusi wayo wenyuka njengomusi wesithando; intaba yonke yazamazama kakhulu.

19Kwathi izwi lecilongo lalilokhu lizwakala kakhulu kunakuqala; uMose wakhuluma, uNkulunkulu wamphendula ngezwi elikhulu.

20UJehova wehlela phezu kwentaba yaseSinayi esiqongweni sentaba; uJehova wambiza uMose ukuba eze esiqongweni sentaba; uMose wakhuphuka-ke.

21 UJehova wayesethi kuMose: Yehla, ubaxwayise abantu, funa bafohle ukuba babone uJehova, kufe abaningi kubo.

22Nabapristi abasondela kuJehova mabazingcwelise, funa uJehova abadumele.

23UMose wathi kuJehova: Abantu abanakukhuphukela entabeni yaseSinayi, ngokuba usiyalisisile, wathi: Yimisele intaba umkhawulo, uyingcwelise.

24Wayesethi uJehova kuye: Hamba wehle, uze ubuye ukhuphuke, wena no-Aroni enawe; kepha abapristi nabantu mabangafohli, bakhuphukele kuJehova, funa abadumele.

25UMose wayesehla, waya kubantu, wabatshela.

## U-Eksodusi 20

### Imiyalelo eyishumi

1UNkulunkulu wakhuluma onke lawa mazwi, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 NginguJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila.

3 Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami.

4 Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo, namfanekiso wokusezulwini ngaphezulu, nowokusemhlabeni phansi, nowokusemanzini phansi komhlaba;

5 ungazikhothameli, ungazikhonzi, ngokuba mina Jehova uNkulunkulu wakho nginguNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo,

6 kepha ngibenzela umusa abayizinkulungwane abangithandayo, bagcine imiyalelo yami.

7 Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba uJehova akayikumyeka oliphatha ngeze igama lakhe.

8 Khumbula usuku lwesabatha, ulungcwelise.

9 Izinsuku eziyisithupha uyakusebenza, uwenze wonke umsebenzi wakho;

10 kepha usuku lwesikhombisa luyisabatha likaJehova uNkulunkulu wakho; awuyikusebenza msebenzi ngalo, wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nezinkomo zakho, nomfokazi osemzini wakho;

11 ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uJehova wenza izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho, waphumula ngosuku lwesikhombisa; ngalokho uJehova walubusisa usuku lwesabatha, walungcwelisa.

12 Yazisa uyihlo nonyoko, ukuze izinsuku zakho zibe zinde ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.

13 Ungabulali.

14 Ungaphingi.

15 Ungebi.

16 Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[17] Ungafisi indlu yomakhelwane wakho; ungafisi umfazi womakhelwane wakho, nenceku yakhe, nencekukazi yakhe, nenkabi yakhe, nembongolo yakhe, nokunye okomakhelwane wakho.

### Ukwesaba kwabantu

[18] Bonke abantu babona ukuduma nokunyazima kombani, nezwi lecilongo, nentaba ithunqa; kwathi abantu sebebonile, bathuthumela, bema kude.

[19] Bathi kuMose: Khuluma wena kithi, sizwe; kepha uNkulunkulu makangakhulumi kithi, funa sife.

[20]UMose wayesethi kubantu: Ningesabi, ngokuba uNkulunkulu uze ukuba anivivinye, ukumesaba kube semehlweni enu, ukuze ningoni.

[21]Abantu bema kude; uMose wasondela ebumnyameni obunzima, lapho ekhona uNkulunkulu.

### Umthetho we-altare

[22]UJehova wayesethi kuMose: Yisho kanje kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Nibonile nani uqobo ukuthi ngikhulumile kini ngisezulwini.

[23]Aniyikwenza lutho olungaphandle kwami; onkulunkulu besiliva nawonkulunkulu begolide aniyikuzenzela bona.

[24] Wongenzela i-altare lomhlabathi, unikele phezu kwalo iminikelo yakho yokushiswa neminikelo yakho yokuthula, izimvu zakho nezinkomo zakho; ezindaweni zonke lapho ngilenza ukuba likhunjulwe khona igama lami, ngiyakuza kuwe, ngikubusise.

[25] Uma ungenzela i-altare ngamatshe, awuyikulakha ngamatshe abaziweyo, ngokuba uma uphakamisela kulo ingwedo yakho, ulingcolisile.

[26] Awuyikukhwela e-altare lami ngezikhwelo, funa kwambulwe ubunqunu bakho.

## U-Eksodusi 21

[1] Yilezi izahlulelo ozakuzimisa phambi kwabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Uma uthenga isigqila esingumHeberu, siyakusebenza iminyaka eyisithupha; ngowesikhombisa siyakuphuma sikhululekile ngesihle.

3Uma singena sisodwa, siyakuphuma sisodwa; uma siganiwe, umkaso uyakuphuma naso.

4Uma inkosi yaso isinika umfazi, yena esizalela amadodana noma amadodakazi, umfazi nabantwana bakhe bayakuba ngabenkosi yakhe, sona siphume sodwa.

5 Uma isigqila siyakusho nokusho ukuthi: Ngiyathanda inkosi yami, nomkami, nabantwana bami, angiyikuphuma ngikhululekile,

6 khona inkosi yaso iyakusiyisa kuNkulunkulu, isimise emnyango noma ensikeni yomnyango, inkosi yaso ibhoboze indlebe yaso ngosungulo, size simkhonze kuze kube phakade.

7 Uma umuntu ethengisa ngendodakazi yakhe, ibe yisigqilakazi, ayiyikuphuma njengalokhu ziphuma izigqila.

8Uma sisibi emehlweni enkosi yaso ezimisele sona, yovuma ukuba sihlengwe; ayiyukuba namandla okuthengisa ngaso kubo abafokazi, njengokuba isiphathe ngenkohliso.

9Uma isimisela indodana yayo, yosiphatha njengamadodakazi.

10Uma iyithathela esinye, ayiyikunciphisa ukudla kwaso, nezingubo zaso, namalungelo omshado.

11Uma ingasenzeli lokho okuthathu, siyakuphuma ngesihle ngaphandle kwemali.

12 Oshaya umuntu aze afe, wobulawa nokubulawa.

13 Kepha uma ebengamqamekeli, uNkulunkulu emnikela nje esandleni sakhe, ngiyakukumisela indawo ayakubalekela kuyo.

14 Uma umuntu esukela umakhelwane wakhe, ambulale ngobuqili, womsusa nase-altare lami ukuba afe.

15 Oshaya uyise nonina wobulawa nokubulawa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

16 Oweba umuntu, athengise ngaye, noma efunyanwa esesesandleni sakhe, wobulawa nokubulawa.

17 Othuka uyise nonina wobulawa nokubulawa.

18 Nxa abantu belwa, omunye ashaye omunye ngetshe noma ngenqindi yakhe, angafi kepha alale embhedeni,

19khona-ke, uma elulama, ahambahambe phandle ngenduku yakhe, owamshayayo uyakuyekelwa, amkhokhele nokho isikhathi sakhe esaphukileyo, elashwe nokwelashwa.

20 Uma umuntu eshaya isigqila sakhe noma isigqilakazi sakhe ngenduku, size sife phansi kwesandla sakhe, wojeziswa nokujeziswa.

21Kepha uma sihlala usuku lube lunye noma zibe zimbili, akayikujeziswa, ngokuba siyimali yakhe.

22 Uma abantu belwa, balimaze owesifazane okhulelweyo, size siphuphume isisu sakhe, kungaveli enye ingozi kodwa, wohlawuliswa impela njengalokho indoda yomfazi iyakubeka kuye, akhokhe njengesinqumo sabahluleli.

23 Uma kuvela ingozi, wokwenana ukuphila ngokuphila:

24iso ngeso, izinyo ngezinyo, isandla ngesandla, unyawo ngonyawo,

25ukushiswa ngokushiswa, inxeba ngenxeba, umvimbo ngomvimbo.

26 Uma umuntu eshaya iso lesigqila sakhe noma iso lesigqilakazi sakhe, alibulale, wosikhulula ngenxa yeso laso.

27Uma eshaya izinyo lesigqila sakhe noma izinyo lesigqilakazi sakhe, wosikhulula ngenxa yezinyo laso.

28 Uma inkabi iqhubukusha owesilisa noma owesifazane baze bafe, inkabi yokhandwa ngamatshe impela, inyama yayo ingadliwa; kepha umnininkabi uyakuyekelwa.

29 Kepha uma inkabi ibizinge ihlaba nangaphambili, futhi lokhu kufakaziwe kumniniyo, engayigcinanga kodwa, inkabi isibulele owesilisa noma owesifazane, leyo nkabi yokhandwa, abulawe nomniniyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30Uma kubekwa phezu kwakhe ihlawulo, uyakukhokha konke okubekwa
phezu kwakhe, kube yisihlengo sokuphila kwakhe.

31Noma iqhubukusha indodana noma iqhubukusha indodakazi, makwenziwe
kuye njengaleso sahlulelo.

32Uma inkabi iqhubukusha isigqila noma isigqilakazi, uyakunika inkosi yaso
amashekeli angamashumi amathathu esiliva, inkabi ikhandwe ngamatshe.

33 Uma umuntu evula umgodi, noma emba umgodi engawusibekeli,
kukhalakathele kuwo inkabi noma imbongolo,

34umninimgodi uyakukhokha, amnike umniniyo imali, efileyo ibe ngeyakhe.

35 Uma inkabi yomuntu ihlaba eyomunye ize ife, bayakuthengisa ngenkabi
ephilayo, bahlukaniselane imali yayo, bahlukaniselane nefileyo futhi.

36Kodwa uma kwaziwa ukuthi inkabi ibizinge ihlaba nangaphambili,
umniniyo engayigcinanga kodwa, uyakuyikhokha nokuyikhokha inkabi
ngenkabi, efileyo ibe ngeyakhe.

## U-Eksodusi 22

### Imithetho yempahla eyebiweyo neyenikezwe ukulondolozwa

1 Uma umuntu eba inkabi noma imvu, ayihlabe, noma athengise ngayo,
uyakukhokha inkabi ngezinkabi eziyisihlanu, nemvu ngezimvu ezine.

2 Uma isela lificwa lisafohla, lishaywe lize life, akuyikuba yicala legazi
maqondana nalo.

3Uma ilanga lase liphumile phezu kwalo, kuyakuba yicala legazi phezu
kwalo. Isela liyakukhokha nokukhokha; uma lingenalutho, kuyakuthengiswa
ngalo ngenxa yokweba kwalo.

4 Uma okwebiweyo kufunyaniswa esandleni salo kuphilile, noma kuyinkabi,
noma kuyimbongolo, noma kuyimvu, liyakukhokha kuphindwe kabili.

5 Uma umuntu eklabisa ensimini noma esivinini, aziyeke nje izinkomo zakhe
zize zidle ensimini yomunye, uyakukhokha nokukhokha ngokuhle kwensimu
yakhe nangokuhle kwesivini sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Uma kuvela umlilo, uvuthe emeveni kuze kushe izinhlanga zamabele, noma amabele angakavunwa, noma insimu, othungele umlilo uyakukhokha impela.

7 Uma umuntu enikeza kumakhelwane wakhe imali noma impahla ukuba ayilondoloze, bese yebiwa endlini yalowo muntu, isela, uma lifunyanwa, liyakukhokha kuphindwe kabili.

8 Uma isela lingafunyanwa, umninindlu uyakusondela kuNkulunkulu, kubonwe ukuba akafakanga yini isandla sakhe empahleni yomakhelwane wakhe.

9 Ngezindaba zonke zamacala, eyenkabi, neyembongolo, neyemvu, neyengubo, neyento elahlekileyo, umuntu asho ngayo ukuthi ngeyakhe, indaba yabo bobabili iyakuza phambi kukaNkulunkulu; olahlwa nguNkulunkulu uyakumkhokhela umakhelwane wakhe kuphindwe kabili.

10 Uma umuntu enikeza kumakhelwane wakhe imbongolo, noma inkabi, noma imvu, noma kungaba yisilwane sini, ukuba akulondoloze, bese kufa, noma kulimala, noma kuphangwa, kungabonwa muntu,

11 kuyakunquma isifungo sikaJehova phakathi kwabo bobabili sokuthi akasifakanga yini isandla sakhe empahleni yomakhelwane wakhe; umniniyo uyakusamukela isifungo, angayikhokhi.

12 Kepha uma yebiwe kuye impela, uyakumkhokhela umniniyo.

13 Uma idweshuliwe, makayilethe ibe ngufakazi, angakhokhi okudweshuliweyo.

14 Uma umuntu etsheleka impahla yomunye, bese yilimala noma ifa, umniniyo engekho, nayo uyakuyikhokha nokuyikhokha.

15 Uma umniniyo enayo, akayikuyikhokha; uma yayiqashiwe, imali yokuqasha makayikhokhe.

**Imithetho yokuphatha izintandane, nabafokazi, nabampofu nokunye**

16 Uma umuntu eyenga intombi engesiyo ingoduso, alale nayo, uyakuyilobola ibe ngumkakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Uma uyise ala impela ukumnika yona, uyakukhokha imali elingene
nokulotsholwa kwezintombi.

18 Ungavumi ukuba umlumbikazi aphile.

19 Olala nesilwane wobulawa nokubulawa.

20 Ohlabela abanye onkulunkulu ngaphandle kukaJehova yedwa
uyakubhujiswa nokubhujiswa.

21 Awuyikukhathaza umfokazi, ungamcindezeli, ngokuba naningabafokazi
ezweni laseGibithe.

22 Aniyikuhlupha mfelokazi nentandane.

23 Uma ubahlupha nakanjani, bakhale kimi nakancane, ngiyakuzwa nokuzwa
ukukhala kwabo;

24ulaka lwami luyakuvutha, ngikubulale ngenkemba; omkenu babe
ngabafelokazi, abantwana benu babe yizintandane.

25 Uma utsheleka ompofu wabantu bami okuwe imali, awuyikumphatha
njengabatshelekisi; ningabizi nzalo kuye.

26Uma uthatha ingubo yomakhelwane wakho, ibe yisibambiso,
uyakuyibuyisela kuye lingakashoni ilanga;

27ngokuba iyisimbozo sakhe esisodwa, iyisambatho somzimba wakhe;
uyakulala ngani na? Kuzakuthi nxa ekhala kimi, ngizakumuzwa, ngokuba
nginomusa.

28 Awuyikuthuka uNkulunkulu, ungaqalekisi induna yabantu bakini.

29 Awuyikulibala neminikelo yamabele neyewayini. Wonginika izibulo
emadodaneni akho.

30 Uyakwenze njalo nangezinkomo zakho nangezimvu zakho: liyakuhlala
kunina izinsuku eziyisikhombisa; ngosuku lwesishiyagalombili wonginika
lona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

31 Niyakuba ngabantu abangcwele kimi; ngalokho aniyikudla nyama yesilwane esidweshulwe endle, kepha anoyiphonsa ezinjeni.

## U-Eksodusi 23

### Imithetho yokulunga neyobumnene

1 Awuyikuthutha indaba yamanga, ungafaki isandla sakho kubo ababi, ube ngufakazi wamanga.

2 Awuyikulandela umbimbi ukuyokwenza okubi, ungafakazi ecaleni ngokulandela umbimbi, uphendukezele isahlulelo;

3 nompofu awuyikumvuna ecaleni lakhe.

4 Uma ufumana inkabi yesitha sakho noma imbongolo yaso iduka, woyibuyisela nokuyibuyisela kuso.

5 Uma ubona imbongolo yalowo okuzondayo ilele phansi komthwalo wayo, wena-ke bese wukhetha ukuyiyeka, woyikhumula nokuyikhumula ninaye.

6 Awuyikuphendukezela isahlulelo sompofu wakho ecaleni lakhe.

7Deda ube kude nendaba yamanga; ungambulali ongenacala nolungileyo, ngokuba angiyikumyeka owonileyo.

8 Awuyikwamukela isipho, ngokuba isipho siphuphuthekisa ababonayo, siphendukezele amazwi olungileyo.

9 Awuyikumcindezela umfokazi, ngokuba niyazi inhliziyo yomfokazi, lokhu naningabafokazi ezweni laseGibithe.

10 Iminyaka eyisithupha uyakutshala izwe lakho, uvune izithelo zalo,

11kepha ngomnyaka wesikhombisa uyakuliyeka libe yifusi ukuba abampofu babantu bakho badle; abakushiyayo makudliwe yizilwane zasendle; wenze njalo nangesivini sakho nangeminqumo yakho.

12 Izinsuku eziyisithupha wosebenza umsebenzi wakho, uphumule ngosuku lwesikhombisa ukuba inkabi yakho nembongolo yakho ziphumule, bahlunyelelwe indodana yencekukazi yakho nomfokazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Qaphelani konke lokho engikushilo kini, ningaphathi igama labanye onkulunkulu; lingezwakali liphuma emlonyeni wakho.

**Imithetho yemikhosi emikhulu**

14 Kathathu ngomnyaka wongigcinela umkhosi.

15 Uzakugcina umkhosi wesinkwa esingenamvubelo, udle isinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa, njengalokho ngakuyala, ngesikhathi esinqunyiweyo senyanga ka-Abibi, ngokuba waphuma ngayo eGibithe, kungabonakali muntu phambi kwami ongaphethe lutho,

16nomkhosi wokuvuna wolibo lwemisebenzi yakho oyihlwanyelayo ensimini, nomkhosi wokubutha ngasekupheleni komnyaka, lapho ubutha imisebenzi yakho ensimini.

17 Kathathu ngomnyaka bonke abesilisa bakho bayakubonakala phambi kweNkosi uJehova.

18 Awuyikunikela ngegazi lomhlatshelo wami kanye nesinkwa esivutshelweyo. Amanoni omkhosi wami awayikusala bonke ubusuku kuze kuse.

19 Ukuqala kolibo lwezwe lakho wokuletha endlini kaJehova uNkulunkulu wakho. Awuyikupheka izinyane lembuzi obisini lukanina.

**Isithembiso sezwe laseKhanani**

20 Bheka, ngiyathuma ingelosi phambi kwakho ukuba ikulondoloze endleleni, ikuyise endaweni engiyilungisileyo.

21 Yiqaphele, ulalele izwi layo, ungayicunuli, lokhu ayiyikuthethelela iziphambeko zenu, ngokuba igama lami likuyo.

22Kepha uma ulalela nokulalela izwi layo, ukwenze konke engikukhulumayo, ngiyakuba yisitha sezitha zakho, ngiphambane nabaphambana nawe.

23Ngokuba ingelosi yami izakuhamba phambi kwakho, ikuyise kuwo ama-Amori, namaHeti, namaPherizi, namaKhanani, namaHivi, namaJebusi. Ngiyakubachitha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Awuyikubakhothamela onkulunkulu babo, ungabakhonzi, ungenzi njengokwemisebenzi yabo, kepha wobachitha impela, ubhidlize izithombe zabo.

25 Niyakumkhonza uJehova uNkulunkulu wenu, abusise ukudla kwenu namanzi enu; ngiyakususa izifo phakathi kwenu.

26 Akuyikuba khona ophunzayo noyinyumba ezweni lakini; ngiyakuliphelelisa inani lezinsuku zakho.

27 Ngiyakuthuma ukwesabeka kwami phambi kwakho, ngibasanganise bonke abantu ozakufika kubo, ngenze ukuba zonke izitha zakho zikufulathele.

28 Ngiyakuthuma iminyovu phambi kwakho eyakuxosha amaHivi, namaKhanani, namaHeti phambi kwakho.

29Angiyikubaxosha phambi kwakho ngomnyaka owodwa, funa izwe libe yihlane, izilwane zasendle zikwandele.

30Ngiyakubaxosha phambi kwakho kancane kancane, ukuze wande, udle ifa lezwe.

31 Ngiyakumisa imikhawulo yakho, kusukela eLwandle Olubomvu kuze kufike elwandle lamaFilisti, kusukela ehlane kuze kube semfuleni, ngokuba ngiyakunikela esandleni sakho abakhe kulelo zwe, wena ubaxoshe phambi kwakho.

32 Awuyikwenza sivumelwano nabo nawonkulunkulu babo.

33Abayikuhlala ezweni lakini, funa bakwenze ukuba wone kimi, ngokuba uma ubakhonza onkulunkulu babo, kuyakuba lugibe kuwe.

## U-Eksodusi 24

### Ukumiswa kwesivumelwano

1Wathi kuMose: Khuphukela kuJehova, wena no-Aroni, noNadabi, no-Abihu, namalunga angamashumi ayisikhombisa akwa-Israyeli, nikhuleke nikude.

2UMose yedwa uyakusondela kuJehova, kepha bona abayikusondela; nabantu abayikukhuphuka naye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

3 UMose weza wabatshela abantu onke amazwi kaJehova nezahlulelo zonke; abantu bonke baphendula ngazwi linye, bathi: Onke amazwi uJehova awakhulumileyo siyakuwenza.

4UMose wabhala onke amazwi kaJehova, wavuka ekuseni ngakusasa, walakha i-altare phansi kwentaba, nezinsika eziyishumi nambili njengokwezizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli.

5Wathuma izinsizwa zabantwana bakwa-Israyeli, zanikela ngeminikelo yokushiswa, zahlabela uJehova imihlatshelo yokuthula yezinkunzi.

6UMose wathatha inxenye yegazi, wayithela ezitsheni; inxenye yegazi wafafaza ngayo i-altare.

7Wathatha incwadi yesivumelwano, wayifunda ezindlebeni zabantu; bathi: Konke akukhulumileyo uJehova siyakukwenza, silalele.

8 UMose wayesethatha igazi, wafafaza ngalo abantu, ethi: Bheka, nanti igazi lesivumelwano uJehova asenze nani ngawo onke lawa mazwi.

**UMose ukhuphukela eSinayi**

9Khona bakhuphuka oMose, no-Aroni, noNadabi, no-Abihu, namalunga angamashumi ayisikhombisa akwa-Israyeli.

10 Bambona uNkulunkulu ka-Israyeli; phansi kwezinyawo zakhe kwakungathi kugandayiwe ngamatshe amasafire, kungathi yizulu uqobo ngokucweba.

11Akasibekanga isandla sakhe kuzo izikhulu zabantwana bakwa-Israyeli; sebembonile uNkulunkulu badla, baphuza.

12UJehova wayesethi kuMose: Khuphukela kimi entabeni, uhlale khona, ngikunike izibhebhe zamatshe, nomthetho, nemiyalelo engiyibhalile ukuba ubafundise yona.

13Wasuka uMose nenceku yakhe uJoshuwa; uMose wakhuphukela entabeni kaNkulunkulu.

14Wathi kumalunga: Manisihlalele lapha, size sibuyele kini; bhekani, o-Aroni noHure bakini; yilowo nalowo onendaba makaye kubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15UMose wayesekhuphukela entabeni, ifu lasibekela intaba.

16Inkazimulo kaJehova yahlala entabeni yaseSinayi, ifu layisibekela izinsuku
eziyisithupha; ngosuku lwesikhombisa esefwini wambiza uMose.

17Ukubonakala kwenkazimulo kaJehova kwakunjengomlilo oqedayo
esiqongweni sentaba emehlweni abantwana bakwa-Israyeli.

18 UMose wangena efwini, wakhuphukela entabeni; uMose wayesentabeni
izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane.

## U-Eksodusi 25

### Umthetho wokunikelela itabernakele*

1UJehova wayesekhuluma kuMose ethi:

2 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli ukuba bangithabathele umnikelo; kubo
bonke abantu abanhliziyo zabo zivuma anothabatha umnikelo wami.

3Yilo umnikelo eniyakuwuthabatha kubo: igolide, nesiliva, nethusi,

4nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni elicolekileyo, noboya
bezimbuzi,

5nezikhumba ezibomvu zezinqama, nezikhumba zamatahasi, nemithi
yomtholo,

6namafutha okukhanyisa, namakha amafutha okugcoba nawempepho
ethaphukayo,

7namatshe amashohamu, namatshe okufakwa, awengubo yamahlombe
nawesihlangu sesifuba.

8 Mabangenzele indlu engcwele ukuba ngihlale phakathi kwabo.

9Njengakho konke engikutshengisa khona njengesifanekiso setabernakele
nangesifanekiso sempahla yonke yalo, anoyenza njalo-ke.

### Umphongolo wesivumelwano

10 Bayakuwenza umphongolo ngomuthi womtholo, ubude bawo bube
yizingalo ezimbili nenxenye, ububanzi bawo bube yingalo nenxenye,
nokuphakama kwawo kube yingalo nenxenye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Uyakuwunameka ngegolide elicwengekileyo, uwunameke ngaphakathi nangaphandle, uwenzele udini lwegolide nxazonke.

12 Uwukhandele amasongo amane egolide, uwafake ezinyaweni zozine zawo, amasongo amabili abe kolunye uhlangothi lwawo, amasongo amabili abe kolunye uhlangothi lwawo.

13 Uyakuzenza izinti ngomuthi womtholo, uzinameke ngegolide.

14 Wozifaka izinti emasongweni asezinhlangothini zomphongolo ukuba uthwalwe ngazo.

15 Izinti ziyakuhlala emasongweni omphongolo; aziyikususwa kuwo.

16 Uyakufaka emphongolweni ubufakazi engikunika bona.

17 Uyakwenza isihlalo somusa ngegolide elicwengekileyo, ubude baso bube yizingalo ezimbili nenxenye, ububanzi baso bube yingalo nenxenye.

18 Uyakwenza amakherubi amabili ngegolide, uwenze ngomsebenzi okhandiweyo ekugcineni kwesihlalo somusa nxazombili,

19 ulenze elinye ikherubi ekugcineni ngalapha nelinye ikherubi ekugcineni ngalapha, nenze amakherubi ekugcineni nxazombili, abe kunye nesihlalo somusa.

20 Amakherubi ayakwelula amaphiko awo ngaphezulu, amboze isihlalo somusa ngamaphiko awo, abhekane ngobuso; ubuso bamakherubi buyakubheka isihlalo somusa.

21 Uyakusibeka isihlalo somusa phezu komphongolo, ufake emphongolweni ubufakazi engiyakukunika bona.

22 Ngiyakuhlangana nawe khona, ngikhulume nawe, ngiphezu kwesihlalo somusa emkhathini wamakherubi amabili aphezu komphongolo wobufakazi, ngakho konke engiyakukuyala ngakho ukuba ubatshele abantwana bakwa-Israyeli.

**Itafula lesinkwa sokubukwa**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Uyakulenza itafula ngomuthi womtholo, ubude balo bube yizingalo ezimbili, ububanzi balo bube yingalo, nokuphakama kwalo kube yingalo nenxenye.

24Wolinameka ngegolide elicwengekileyo, ulenzele udini ngegolide nxazonke,

25ulenzele usiko olulingene nesandla ngobubanzi nxazonke, ulwenzele usiko udini lwegolide nxazonke.

26Ulenzele amasongo amane ngegolide, uwafake amasongo emagumbini omane asezinyaweni zalo zozine.

27Amasongo ayakuba ngasodinini, abe yizindawo zezinti zokuthwala itafula.

28Wozenza izinti ngomuthi womtholo, uzinameke ngegolide, ukuba itafula lithwalwe ngazo,

29wenze nezingqwembe zalo, nezinkezo zalo, nezindebe zalo, nezinkamba zalo zokuthela, uzenze ngegolide elicwengekileyo.

30 Wobeka njalo phambi kwami etafuleni isinkwa sokubukwa.

31 Wolwenza uthi lwezibani ngegolide elicwengekileyo, uthi lwezibani olwenziwe ngomsebenzi okhandiweyo, nesiqu salo, namagatsha alo, izimbizana zalo, namasumpa alo, nezimbali zalo, konke kube kunye nalo.

32Makube khona amagatsha ayisithupha aphuma ezinhlangothini zalo, amagatsha amathathu othi lwezibani aphume kolunye uhlangothi lwalo, amagatsha amathathu othi lwezibani aphume kolunye uhlangothi lwalo.

33Izimbizana ezintathu ezifaniswa nezimbali zemi-alimondi zibe kwelinye igatsha, isumpa nembali; izimbizana ezintathu ezifaniswa nezimbali zemi-alimondi zibe kwelinye igatsha, isumpa nembali; makube njalo kuwo onke amagatsha ayisithupha aphuma othini lwezibani.

34Othini lwezibani kuyakuba khona izimbizana ezine ezifaniswa nezimbali zemi-alimondi, amasumpa azo nezimbali zazo,

35kube yisumpa phansi kwamagatsha amabili, libe kunye nalo, nesumpa phansi kwamanye amagatsha amabili, libe kunye nalo, nesumpa phansi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kwamanye amagatsha amabili futhi, libe kunye nalo, kube phansi kwamagatsha ayisithupha aphuma othini lwezibani.

36Amasumpa alo namagatsha alo ayakuba kunye nalo, kube kunye konke okwalo, kube ngokomsebenzi okhandiweyo wegolide elicwengekileyo.

37 Wolwenzela izibani eziyisikhombisa, izibani zalo zibekwe ukuba zikhanyise phambi kwalo.

38Izizenze zalo nezitsha zalo zensizi mazenziwe ngegolide elicwengekileyo.

39Malwenziwe ngetalenta legolide elicwengekileyo kanye nazo zonke lezi zinto.

40 Bhekisisa ukuba uzenze ngesifanekiso sazo owaboniswa sona entabeni.

## U-Eksodusi 26

### Itabernakele*

1 Wolenza itabernakele ngezilenge eziyishumi; zona wozenza ngelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo nangokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, zibe namakherubi, kube ngumsebenzi wengcweti.

2Ubude besilenge sinye bube yizingalo ezingamashumi amabili nesishiyagalombili, ububanzi baso bube yizingalo ezine, zonke izilenge zilingane.

3Izilenge eziyisihlanu ziyakuhlanganiswa esinye nesinye, nezinye izilenge eziyisihlanu zihlanganiswe esinye nesinye.

4Wozenza izihibe ngokuluhlaza eceleni lesinye isilenge emphethweni wasekuhlanganeni, wenze njalo eceleni lesilenge sokugcina ekuhlanganeni kwesibili.

5Uyakwenza izihibe ezingamashumi ayisihlanu kwesinye isilenge, wenze futhi izihibe ezingamashumi ayisihlanu eceleni lesilenge esisekuhlanganeni kwesibili, ukuze izihibe zibhekane.

6Wenze izinkibaniso ezingamashumi ayisihlanu zegolide, uhlanganise izilenge esinye nesinye ngezinkibaniso, itabernakele libe linye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Wenze izilenge ngoboya bezimbuzi, zibe yitende phezu kwetabernakele, uzenze zibe yizilenge eziyishumi nanye.

8Ubude bezilenge bube yizingalo ezingamashumi amathathu, ububanzi bezilenge bube yizingalo ezine, lezi zilenge eziyishumi nanye zilingane.

9Wohlanganisa izilenge eziyisihlanu ngokwazo, nezilenge eziyisithupha ngokwazo, isilenge sesithupha siphindwe phambi kwetende.

10Wenze izihibe ezingamashumi ayisihlanu eceleni lesilenge esinye esokugcina sasekuhlanganeni, nezihibe ezingamashumi ayisihlanu eceleni lesilenge sokugcina ekuhlanganeni kwesibili.

11Wenze izinkibaniso ezingamashumi ayisihlanu zethusi, uzifake izinkibaniso ezihibeni, uhlanganise itende, libe linye.

12Okudluleleyo kwezilenge zetende, okuseleyo, inxenye yesilenge esiseleyo, kuyakulenga emva kwetabernakele.

13Ingalo ngalapha nengalo ngalapha kulokho okudluleleyo ebudeni bezilenge zetende azilenge emaceleni etabernakele ngalapha nangalapha ukulisibekela.

14Futhi uyakwenza isifulelo setende ngezikhumba ezibomvu zezinqama, nesifulelo sezikhumba zamatahasi ngaphezulu.

15 Uyakwenza amapulangwe etabernakele ngomuthi womtholo, amiswe.

16Ubude bamapulangwe bube yizingalo eziyishumi, ububanzi bawo bube yingalo nenxenye.

17Akuthi yilelo nalelo pulangwe libe nemisuka emibili, omunye malungana nomunye; wenze njalo kuwo onke amapulangwe etabernakele.

18Wenze amapulangwe etabernakele, amapulangwe angamashumi amabili ohlangothini lwaseningizimu, olubheka ngaseningizimu.

19Wenze izinyawo ezingamashumi amane esiliva phansi kwamapulangwe angamashumi amabili, izinyawo ezimbili phansi kwepulangwe linye, zibe ngezemisuka yalo yomibili, nezinyawo ezimbili phansi kwelinye ipulangwe, zibe ngezemisuka yalo yomibili,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]nasohlangothini lwesibili lwetabernakele, uhlangothi lwasenyakatho, amapulangwe angamashumi amabili,

[21]kanye nezinyawo zawo ezingamashumi amane esiliva, izinyawo ezimbili phansi kwelinye ipulangwe, nezinyawo ezimbili phansi kwelinye ipulangwe.

[22]Ohlangothini lwetabernakele olungasemuva ngasentshonalanga uyakwenza amapulangwe ayisithupha.

[23]Amapulangwe amabili uyakuwenzela amagumbi etabernakele angasemuva,

[24]aphindwe kabili phansi, nakanjalo aphelele aze afike phezulu esongweni lokuqala, kube njalo kuwo omabili, abengawamagumbi omabili.

[25]Kuyakuba ngamapulangwe ayisishiyagalombili nezinyawo zawo zesiliva, izinyawo eziyishumi nesithupha, izinyawo ezimbili phansi kwelinye ipulangwe nezinyawo ezimbili phansi kwelinye.

[26] Woyenza imishayo yomuthi womtholo, ibe yisihlanu, ibe ngeyamapulangwe akolunye uhlangothi lwetabernakele,

[27]nemishayo eyisihlanu yamapulangwe akolunye uhlangothi lwetabernakele, nemishayo eyisihlanu yamapulangwe asohlangothini lwetabernakele olungasemuva ngasentshonalanga,

[28]umshayo waphakathi ophakathi kwamapulangwe udabule, uze ufinyelele nxazombili.

[29]Wonameka amapulangwe ngegolide, uwenze amasongo awo ngegolide, abe yizindawo zemishayo, unameke nemishayo ngegolide.

[30] Wolimisa itabernakele njengesifanekiso salo owaboniswa sona entabeni.

### Isihenqo nomnyango

[31] Uyakwenza isihenqo ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, libe namakherubi, kube ngumsebenzi wengcweti,

[32]ulilengise ezinsikeni ezine zomtholo ezinamekwe ngegolide, izingwegwe zazo zibe yigolide, zime ezinyaweni ezine zesiliva.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33Uyakuphanyeka isihenqo phansi kwezinkibaniso, uwungenise umphongolo wobufakazi khona phakathi kwesihenqo, isihenqo sinahlukanisele indawo engcwele nendawo engcwelengcwele.

34Wosibeka isihlalo somusa phezu komphongolo wobufakazi endaweni engcwelengcwele,

35ubeke itafula ngaphandle kwesihenqo, uthi lwezibani lubhekane netafula ohlangothini lwetabernakele olungaseningizimu, ubeke itafula ohlangothini lwasenyakatho.

36 Uyakwenza iveli lomnyango wasetendeni ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, umsebenzi womfekethisi.

37Ulenzele iveli izinsika eziyisihlanu zomtholo, uzinameke ngegolide; izingwegwe zazo mazibe yigolide, uzikhandele izinyawo eziyisihlanu zethusi.

## U-Eksodusi 27

### I-altare leminikelo yokushiswa

1 Wolenza i-altare ngomuthi womtholo, ubude balo bube yizingalo eziyisihlanu, ububanzi balo bube yizingalo eziyisihlanu, i-altare lilingane izinhlangothi zozine; ukuphakama kwalo kube yizingalo ezintathu.

2Uyakwenza izimpondo zalo emagumbini alo omane, izimpondo zalo zibe kunye nalo, ulinameke ngethusi.

3Wenze izitsha zalo zokususa umlotha walo, namafosholo alo, nezitsha zalo, nezimfoloko zalo, nemicengezi yalo yomlilo, uzenze zonke izinto zalo ngethusi.

4Ulenzele ihele lethusi elenziwe njengenetha, wenze amasongo amane ethusi enetheni ngasemagumbini alo omane.

5Wolibeka ngaphansi, phansi kosiko oluzungeza i-altare, ukuba inetha lifinyelele ngaphakathi kwe-altare ukuya phezulu.

6Uyakwenza izinti ze-altare, izinti zomuthi womtholo, uzinameke ngethusi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Izinti zalo ziyakufakwa emasongweni, izinti zibe sezinhlangothini zombili ze-altare, nxa lithwalwa.

8Ulenze ngamapulangwe, libe yigobongo, ulenze njengalokho waboniswa entabeni.

### Igceke letabernakele*

9 Wolenza igceke letabernakele; ngaseningizimu ohlangothini olungaseningizimu makube khona izilenge zegceke zelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, ubude bazo bube yizingalo eziyikhulu ohlangothini lunye;

10izinsika zalo zibe ngamashumi amabili, nezinyawo zazo zibe ngamashumi amabili zethusi; izingwegwe zezinsika nezibopho zazo zibe yisiliva.

11Nasohlangothini olungasenyakatho ebudeni makube khona izilenge, ubude bazo bube yizingalo eziyikhulu, nezinsika zazo zibe ngamashumi amabili, nezinyawo zazo zibe ngamashumi amabili zethusi; izingwegwe zezinsika nezibopho zazo zibe yisiliva.

12 Ohlangothini olungasentshonalanga ebubanzini begceke makube khona izilenge, ububanzi bazo bube yizingalo ezingamashumi ayisihlanu, izinsika zazo zibe yishumi, nezinyawo zazo zibe yishumi.

13Ububanzi begceke ngasempumalanga ohlangothini olungasempumalanga bube yizingalo ezingamashumi ayisihlanu.

14Izilenge kolunye uhlangothi mazibe yizingalo eziyishumi nanhlanu, izinsika zazo zibe zintathu, nezinyawo zazo zibe zintathu.

15Nakolunye uhlangothi makube yizilenge eziyizingalo eziyishumi nanhlanu, izinsika zazo zibe zintathu, nezinyawo zazo zibe zintathu.

16 Koba khona iveli lesango legceke, libe yizingalo ezingamashumi amabili, ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, umsebenzi womfekethisi, izinsika zabo zibe zine, nezinyawo zazo zibe zine.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[17]Izinsika zonke zegceke zonamekwa ngesiliva, izingwegwe zazo zibe yisiliva, izinyawo zazo zibe yithusi.

[18]Ubude begceke boba yizingalo eziyikhulu, ububanzi bube ngezamashumi ayisihlanu njalo, ukuphakama kube yizingalo eziyisihlanu, bube yilineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, izinyawo zibe yithusi.

[19]Izimpahla zonke zetabernakele enkonzweni yalo yonke nezikhonkwane zalo zonke nezikhonkwane zegceke azibe ngezethusi.

[20] Wobayala abantwana bakwa-Israyeli ukuba balethe kuwe amafutha eminqumo agxotshelwe ukukhanyisa ukuba izibani zivuthe njalonjalo.

[21]Etendeni lokuhlangana ngaphandle kwesihenqo esiphambi kobufakazi u-Aroni namadodana akhe bayakuziphatha kwasekuhlweni kuze kuse phambi kukaJehova; kuyakuba yisimiso sabantwana bakwa-Israyeli kuze kube phakade ezizukulwaneni zabo.

## U-Eksodusi 28

### Isambatho sika-Aroni nesamadodana akhe

[1] Sondeza kuwe u-Aroni umfowenu namadodana akhe phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi, o-Aroni, noNadabi, no-Abihu, no-Eleyazare, no-Itamari, amadodana ka-Aroni.

[2] Umenzele u-Aroni umfowenu izambatho ezingcwele, ezobukhosi nezokuhlobisa.

[3] Wokhuluma kubo bonke abahlakaniphile ngenhliziyo engibagcwalisile ngomoya wokuhlakanipha ukuba bazenze izambatho zika-Aroni zokumngcwelisa, ukuze angikhonze esikhundleni sobupristi.

[4]Yilezi izambatho abayakuzenza: isihlangu sesifuba, nengubo yamahlombe, nejazi, nebhantshi elifekethisiweyo, nesigqoko, nebhande, bamenzele u-Aroni umfowenu namadodana akhe izambatho ezingcwele ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi.

[5]Makathathe igolide, nokuluhlaza nokububende nokubomvu, nelineni elicolekileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Bayakwenza ingubo yamahlombe ngegolide, nangokuluhlaza
nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu
ephothiweyo, kube ngumsebenzi wengcweti.

7 Iyakuba neziziba ezimbili zasemahlombe, zihlangene emaceleni ayo omabili,
ukuba ihlanganiswe.

8 Ibhande elalukiweyo elikuyo lokuyikhwica liyakuba njengomsebenzi wayo,
libe kunye nayo, ngegolide, nangokuluhlaza nangokububende
nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo.

9 Wothatha amatshe amabili amashohamu, uqophe kuwo amagama
abantwana bakwa-Israyeli,

10 amagama ayisithupha abo kwelinye itshe namagama abayisithupha
abaseleyo kwelinye itshe njengokuzalwa kwabo.

11 Ngomsebenzi womqophi ematsheni, njengokuqoshwa kwendandatho,
woqopha amatshe omabili njengokwamagama abantwana bakwa-Israyeli,
uwafake azungezwe yizisekelo zegolide.

12 Wobeka amatshe omabili ezizibeni zombili zengubo yamahlombe, abe
ngamatshe esikhumbuzo sabantwana bakwa-Israyeli; u-Aroni uyakuphatha
amagama abo emahlombe akhe omabili phambi kukaJehova kube
yisikhumbuzo.

13 Wozenza izisekelo zegolide,

14 namaketanga amabili egolide elicwengekileyo, uwenze abe njengamagoda,
umsebenzi othandelweyo ezisekelweni.

15 Uyakwenza isihlangu sesifuba sokwahlulela, kube ngumsebenzi wengcweti,
usenze njengokusetshenzwa kwengubo yamahlombe ngegolide,
nangokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo
lemicu ephothiweyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Masibe nezinhlangothi ezine ezilingeneyo, siphindwe kabili; ubude baso bube njengokudazuluka kweminwe, nobubanzi baso bube njengokudazuluka kweminwe.

17Ufake kuso izisekelo zamatshe, kube yizinhla ezine zamatshe: uhla lwesardiyu, netopazi, nerubi, lube luhla lokuqala;

18uhla lwesibili lube yisimaragidu, nesafire, nedayimani;

19uhla lwesithathu lube yihiyakinte, ne-agathe, ne-amethiste;

20uhla lwesine lube yikrisolithe, neshohamu, nejaspi; azungezwe ngegolide ezisekelweni zawo.

21Amatshe ayakuba njengamagama abantwana bakwa-Israyeli, abe yishumi nambili njengamagama abo; njengokuqoshwa kwendandatho yilelo nalelo liyakuba negama lesinye sezizwe eziyishumi nambili.

22 Wenze kuso isihlangu sesifuba amaketanga njengamagoda, umsebenzi othandelweyo wegolide elicwengekileyo.

23Wenze kuso isihlangu sesifuba amasongo amabili egolide, uwafake amasongo omabili emaceleni omabili esihlangu sesifuba.

24Wowafaka amaketanga omabili athandelweyo ngegolide emasongweni omabili emaceleni esihlangu sesifuba.

25Ezinye izihloko ezimbili zamaketanga athandelweyo wozifaka ezisekelweni zombili, uzibeke ngaphambili ezizibeni zengubo yamahlombe.

26Uyakuwenza amasongo amabili egolide, uwafake emaceleni omabili esihlangu sesifuba, eceleni laso elibhekene nengubo yamahlombe ngaphakathi.

27Wenze amasongo amabili, uwafake ezizibeni zombili zengubo yamahlombe phansi ngaphambili, eduze nokuhlangana kwayo, phezu kwebhande elifeketshisiweyo lengubo yamahlombe.

28Bayakusibopha isihlangu sesifuba ngamasongo aso emasongweni engubo yamahlombe ngentambo eluhlaza ukuba sibe phezu kwebhande

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

elifekethisiweyo lengubo yamahlombe, ukuze isihlangu sesifuba singakhumuki engutsheni yamahlombe.

29 U-Aroni uyakuphatha amagama abantwana bakwa-Israyeli esihlangwini sesifuba sokwahlulela phezu kwenhliziyo yakhe, nxa engena endaweni engcwele, kube yisikhumbuzo phambi kukaJehova njalo.

30Ufake esihlangwini sesifuba sokwahlulela i-Urimi neThumimi, ahlale phezu kwenhliziyo ka-Aroni, nxa engena phambi kukaJehova; u-Aroni athwale ukwahlulelwa kwabantwana bakwa-Israyeli phezu kwenhliziyo yakhe phambi kukaJehova njalo.

31 Uyakwenza ijazi lengubo yamahlombe ngokuluhlaza lonke,

32kube yimbobo yekhanda ngaphakathi kwalo, imbobo yalo ibe nomphetho oyizungezayo womsebenzi owalukiweyo njengembobo yebhantshi lensimbi ukuba lingadatshulwa.

33Emiphethweni yalo wowenza amapomegranati ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, azungeze imiphetho yalo, kanye nezikhencezo zegolide phakathi kwawo nxazonke,

34kube yisikhencezo segolide nepomegranati, isikhencezo segolide nepomegranati njalo emiphethweni yejazi nxazonke.

35U-Aroni makalembathe eyokhonza; ukukhenceza kwalo kuyakuzwakala, nxa engena endaweni engcwele phambi kukaJehova, nanxa ephuma, ukuze angafi.

36 Uyakwenza ungcwecwe wegolide elicwengekileyo, uqophe kuye njengokuqoshwa kwendandatho ukuthi: Wahlukaniselwe uJehova .

37Umfake ngentambo eluhlaza, abe sesigqokweni, abe ngaphambili esigqokweni.

38Uyakuba sebunzini lika-Aroni, u-Aroni athwale ububi bezinto ezingcwele, abantwana bakwa-Israyeli abayakuzingcwelisa, zibe yizipho zabo ezingcwele; uyakuba sebunzini lakhe njalo ukuba bamukeleke ebusweni bukaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

39 Uyakwaluka ibhantshi eliyizingovu ngelineni elicolekileyo, wenze nesigqoko selineni elicolekileyo, wenze nebhande, ulifekethise.

40Uyakuwenzela namadodana ka-Aroni amabhantshi, uwenzele namabhande, uwenzele nezigqoko, kube ngezobukhosi nezokuhlobisa.

41 Wembathise zona u-Aroni umfowenu namadodana akhe, ubagcobe, ubahlukanisele, ubangcwelise ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi.

42 Ubenzele namabhulukwe elineni ukuba kusitshekelwe inyama yobunqunu babo, aqale okhalweni, afike emathangeni;

43u-Aroni namadodana akhe bawafake, nxa bengena etendeni lokuhlangana, nanxa besondela e-altare ukuyokhonza endaweni engcwele, ukuba bangathwali ububi, bafe; kuyakuba yisimiso kuye nakuyo inzalo yakhe emva kwakhe kuze kube phakade.

## U-Eksodusi 29

### Imithetho yokumisa abapristi

1 Yilokhu oyakukwenza kubo ukubahlukanisa ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi: thabatha iduna nezinqama ezimbili ezingenasici,

2nesinkwa esingenamvubelo, namaqebelengwane angenamvubelo, agcotshwe ngamafutha; ukwenze ngempuphu ecolekileyo kakolweni.

3Uyakukufaka eqomeni linye, ukulethe ngeqoma kanye nenkunzi nezinqama zombili;

4 usondeze u-Aroni namadodana akhe ngasemnyango wetende lokuhlangana, ubageze ngamanzi.

5Wothabatha izambatho, ufake ku-Aroni ibhantshi, nejazi lengubo yamahlombe, nengubo yamahlombe, nesihlangu sesifuba, umbhincise ngebhande elalukiweyo lengubo yamahlombe;

6ufake isigqoko ekhanda lakhe, ubeke umqhele ongcwele esigqokweni.

7Uthabathe amafutha okugcoba, uwathele ekhanda lakhe, umgcobe.

8Usondeze namadodana akhe, uwembathise amabhantshi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ubabhincise amabhande u-Aroni namadodana akhe, uzibophe izigqoko kubo, babe nobupristi, kube yisimiso esiphakade, wahlukanise u-Aroni namadodana akhe.

10 Uyisondeze inkunzi ngaphambi kwetende lokuhlangana; u-Aroni namadodana akhe babeke izandla zabo enhloko yenkunzi.

11 Woyihlaba inkunzi phambi kukaJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana.

12 Uthabathe igazi lenkunzi, ulibhece ezimpondweni ze-altare ngomunwe wakho, uthulule lonke igazi phansi ngase-altare.

13 Uyakuthabatha wonke umhlehlo osibekela izibilini, namanoni aphezu kwesibindi, nezinso zombili namanoni akuzo, ukushise e-altare.

14 Kepha inyama yenkunzi, nesikhumba sayo, nomswani wayo, uyakukushisa ngomlilo ngaphandle kwekamu; kungumnikelo wesono.

15 Wothabatha inqama ibe nye; u-Aroni namadodana akhe babeke izandla zabo enhloko yenqama.

16 Woyihlaba inqama, uthabathe igazi layo, ufafaze ngalo i-altare nxazonke.

17 Uyihlahlele inqama, uzihlanze izibilini zayo namanqina ayo, ukubeke ndawonye nezitho zayo nenhloko yayo.

18 Woyishisa yonke inqama e-altare; kungumnikelo wokushiswa kuJehova, yiphunga elimnandi, ngumnikelo womlilo kuJehova.

19 Uthabathe enye inqama; u-Aroni namadodana akhe babeke izandla zabo enhloko yayo.

20 Woyihlaba inqama, uthabathe igazi layo, ulibhece esicutshini sendlebe yokunene ka-Aroni, nasesicutshini sendlebe yokunene yamadodana akhe, nasesithupheni sesandla sabo sokunene, nakuqukula wonyawo lwabo lokunene, ufafaze i-altare nxazonke ngegazi.

21 Wothabatha igazi elise-altare namafutha okugcoba, ufafaze ngakho u-Aroni nezambatho zakhe, namadodana akhe nezambatho zamadodana akhe, abe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ngcwele yena nezambatho zakhe, namadodana akhe nezambatho zamadodana akhe.

22 Wothabatha amanoni enqama, nomsila ononileyo, nomhlehlo osibekela izibilini, namanoni esibindi, nezinso zombili namanoni akuzo, nomlenze wokunene, ngokuba kuyinqama yokwahlukaniselwa;

23 uthabathe isinkwa sibe sinye, neqebelengwane libe linye lesinkwa esinamafutha, nomqathane ube munye eqomeni lesinkwa esingenamvubelo eliphambi kukaJehova,

24 ubeke konke ezandleni zika-Aroni nasezandleni zamadodana akhe, ukuzulise kube ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova.

25 Ubuye ukuthabathe ezandleni zabo, ukushise e-altare phezu komnikelo wokushiswa, kube yiphunga elimnandi phambi kukaJehova: kungumnikelo womlilo kuJehova.

26 Uyakuthabatha isifuba senqama yokwahlukaniselwa kuka-Aroni, usizulise, sibe ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova, sibe yisabelo sakho.

27 Uyakusingcwelisa isifuba somnikelo wokuzuliswa nomlenze womnikelo wokuphakanyiswa, ozuliswayo nophakanyiswayo, okwenqama yokwahlukaniselwa, okuka-Aroni nokwamadodana akhe;

28 kuyakuba ngokuka-Aroni nokwamadodana akhe, kube yimfanelo ephakade kwabakwa-Israyeli, ngokuba kungumnikelo wokuphakanyiswa; koba ngumnikelo wokuphakanyiswa wabantwana bakwa-Israyeli womhlatshelo weminikelo yabo yokuthula, umnikelo wabo wokuphakanyiswa kuJehova.

29 Izambatho ezingcwele zika-Aroni ziyakuba ngezamadodana akhe emva kwakhe ukuba bagcotshwe, bahlukaniselwe, bembathe zona.

30 Indodana yakhe engumpristi esikhundleni sakhe ayizembathe izinsuku eziyisikhombisa, nxa ingena etendeni lokuhlangana ukuyokhonza endaweni engcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

31 Woyithabatha inqama yokwahlukaniselwa, upheke inyama yayo endaweni engcwele.

32 U-Aroni namadodana akhe bayakuyidla inyama yenqama nesinkwa esiseqomeni ngasemnyango wetende lokuhlangana,

33badle lezo zinto ezenza ukubuyisana ukubahlukanisela nokubangcwelisa; zingadliwa ngumfokazi, ngokuba zingcwele.

34Uma kusala inyama yokwahlukaniselwa kuze kuse noma isinkwa, ukushise okuseleyo ngomlilo, kungadliwa, ngokuba kungcwele.

35 Uyakwenze njalo ku-Aroni nakumadodana akhe, njengakho konke engikuyale ngakho; ukwahlukanisela kuyakuba yizinsuku eziyisikhombisa.

36Imihla yonke wonikela ngenkunzi, ibe ngumnikelo wesono, ube ngowokubuyisana, uhlambulule i-altare, lapho ulenzela ukubuyisana, uligcobe ukuba ulingcwelise.

37Izinsuku eziyisikhombisa wolenzela i-altare ukubuyisana, ulingcwelise, i-altare libe ngcwele kakhulu, nabo bonke abalithintayo bayakuba ngabangcwele.

### Iminikelo eshiswa imihla yonke

38 Yilokhu oyakunikela ngakho e-altare: amawundlu amabili anomnyaka munye imihla ngemihla njalo.

39Elinye iwundlu wonikela ngalo ekuseni, elinye iwundlu wonikela ngalo kusihlwa.

40Kanye nelinye iwundlu wonikela ngokweshumi kwempuphu ecolekileyo, ixovwe nokwesine kwehini lamafutha agxotshiweyo, nokwesine kwehini lewayini, kube ngumnikelo wokuphuzwa.

41Wonikela ngelinye iwundlu ngakusihlwa, wenze kulo njengomnikelo wempuphu wasekuseni nanjengomnikelo wawo wokuphuzwa, kube yiphunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42 Lo uyakuba ngumnikelo oshiswa imihla yonke ezizukulwaneni zenu ngasemnyango wetende lokuhlangana phambi kukaJehova, lapho ngiyakuhlangana khona nani, ngikhulume khona kuwe.

43 Lapho ngiyakuhlangana nabantwana bakwa-Israyeli; liyakungcweliswa yinkazimulo yami.

44 Ngiyakungcwelisa itende lokuhlangana kanye ne-altare, ngingcwelise no-Aroni namadodana akhe ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi.

45 Ngiyakuhlala phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, ngibe nguNkulunkulu wabo.

46 Bayakwazi ukuthi ngingu Jehova uNkulunkulu wabo, owabakhipha ezweni laseGibithe, ukuba ngihlale phakathi kwabo; ngingu Jehova uNkulunkulu wabo.

## U-Eksodusi 30

### Imithetho ye-altare lokushisa impepho

1 Uyakwenza i-altare lokushisa impepho, ulenze ngomuthi womtholo.

2 Ubude balo bube yingalo, nobubanzi balo bube yingalo, libe nezinhlangothi ezine ezilingeneyo; ukuphakama kwalo kube yizingalo ezimbili, izimpondo zalo zibe kunye nalo.

3 Wolinameka ngegolide elicwengekileyo ngaphezulu, nezinhlangothi zalo nxazonke, nezimpondo zalo, ulenzele udini lwegolide nxazonke.

4 Ulenzele amasongo amabili egolide phansi kodini lwalo nxazombili, uwenze ezinhlangothini zombili zalo, abe yizindawo zezinti zokulithwala.

5 Wenze izinti ngomuthi womtholo, uzinameke ngegolide.

6 Ulibeke phambi kwesihenqo esingasemphongolweni wobufakazi, ngaphambi kwesihlalo somusa esiphezu kobufakazi, lapho ngiyakuhlangana khona nawe.

7 U-Aroni woshisa kulo impepho yamakha athaphukayo; njalo ekuseni, nxa elungisa izibani, uyakuyithunqisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Nalapho u-Aroni ezibeka izibani ngakusihlwa, woyishisa ibe yimpepho ephakade phambi kukaJehova ezizukulwaneni zenu.

9 Ninganikeli kulo ngempepho engeyiyo, nangomnikelo wokushiswa, nangomnikelo wempuphu, ningatheli mnikelo wokuphuzwa kulo.

10 U-Aroni uyakwenzela izimpondo zalo ukubuyisana kanye ngomnyaka; ngegazi lomnikelo wesono wokubuyisana kanye ngomnyaka uyakulenzela ukubuyisana ezizukulwaneni zenu; lingcwelengcwele kuJehova.

### Imali yokubuyisana

11UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

12 Nxa ubala inani labantwana bakwa-Israyeli ngokwalabo ababalwayo, yilowo nalowo kubo makathele kuJehova ihlawulo lomphefumulo wakhe, lapho ubabalayo, ukuba kungabikho sifo phakathi kwabo, nxa ubabala.

13Lokhu bayakukuthela, kube yilowo nalowo odlulela kwababaliweyo: inxenye yeshekeli ngokweshekeli lendlu engcwele ishekeli lingamagera angamashumi amabili inxenye yeshekeli ibe ngumnikelo kuJehova.

14Yilowo nalowo odlulela kwababaliweyo, abaneminyaka engamashumi amabili nangaphezulu, uyakunikela ngomnikelo kuJehova.

15Ocebileyo akayikunika kakhulu, ompofu angatheli kancane kunenxenye yeshekeli, lapho benikela ngomnikelo kuJehova ukuba kwenzelwe ukubuyisana kwemiphefumulo yenu.

16Wothabatha imali yokubuyisana kubantwana bakwa-Israyeli, uyimisele inkonzo yetende lokuhlangana, ibe yisikhumbuzo sabantwana bakwa-Israyeli phambi kukaJehova, ukuba kwenzelwe ukubuyisana kwemiphefumulo yenu.

17UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

18 Uyakwenza umcengezi wethusi, nesinqe sawo sethusi, ukuba kugezelwe kuwo, uwubeke phakathi kwetende lokuhlangana ne-altare, uthele amanzi kuwo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

19U-Aroni namadodana akhe bayakuhlamba kuwo izandla zabo nezinyawo zabo.

20Nxa bengena etendeni lokuhlangana, bayakugeza ngamanzi ukuba bangafi, noma besondela e-altare ukuyokhonza, bawushise umnikelo womlilo kuJehova;

21mabahlambe izandla zabo nezinyawo zabo ukuba bangafi, kube yisimiso esiphakade kubo, kuyena nakuyo inzalo yakhe ezizukulwaneni zabo.

### Amafutha angcwele okugcoba

22UJehova wakhuluma futhi kuMose, wathi:

23 Zithabathele amakha amahle, imure eliphumayo lamashekeli angamakhulu ayisihlanu, nokinamona othaphukayo wenxenye yalokho, okungukuthi amakhulu amabili namashumi ayisihlanu, nekalamu elithaphukayo lamakhulu amabili namashumi ayisihlanu,

24nekasiya lamakhulu ayisihlanu ngokweshekeli lendlu engcwele, nehini lamafutha eminqumo.

25Uwenze amafutha angcwele okugcoba amakha athakiweyo njengokwenza komthaki, abe ngamafutha angcwele okugcoba.

26 Wogcoba itende lokuhlangana nomphongolo wobufakazi,

27netafula nezitsha zalo zonke, nothi lwezibani nezitsha zalo, ne-altare lempepho,

28ne-altare lomnikelo wokushiswa nezitsha zalo zonke, nomcengezi nesinqe sawo.

29Wokungcwelisa ukuze kube ngcwele kakhulu; bonke abakuthintayo bayakuba ngcwele.

30 Wobagcoba u-Aroni namadodana akhe, ubangcwelise ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi.

31Ukhulume kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Lokhu kuyakuba kimi amafutha angcwele okugcoba ezizukulwaneni zenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32Mawangathelwa emzimbeni womuntu, ningawenzi afana nawo njengokuthakwa kwawo; angcwele, mawabe ngcwele kini.

33Yilowo nalowo owathaka anjengawo nalowo owathela kumfokazi uyakunqunywa kubantu bakubo.

34 UJehova wathi kuMose: Zithabathele amakha athaphukayo, inathafi neshehelethe nehelibena, amakha kanye nenhlaka ecwengekileyo, kulingane konke,

35wenze ngakho impepho, amakha njengokwenza komthaki, ethelwe ngosawoti, enhle, engcwele;

36ucolisise enye, uyibeke phambi kobufakazi etendeni lokuhlangana, lapho ngiyakuhlangana khona nawe, ibe ngcwelengcwele kini.

37Impepho oyakuyenza ningazenzeli yona njengokuthakwa kwayo; yoba ngcwele kuwe, yenzelwe uJehova.

38Yilowo nalowo oyakuyenza enjengayo ukuba ihogelwe uyakunqunywa kubantu bakubo.

## U-Eksodusi 31

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Bheka, ngibize ngegama uBesaleli indodana ka-Uri kaHuri, owesizwe sakwaJuda.

3Ngimgcwalisile ngoMoya kaNkulunkulu, ngokuhlakanipha nangokuqonda nangokwazi nangamandla emisebenzini yonke,

4ukuba aqambe imisebenzi yobungcweti, asebenze ngegolide, nangesiliva, nangethusi,

5nangokuqopha amatshe okufakwa, nangokuqopha imithi, yebo, ukuba asebenze imisebenzi yonke.

6Bheka, mina ngimisile kanye naye u-Oholiyabe indodana ka-Ahisamaki, owesizwe sakwaDani; ezinhliziyweni zazo zonke eziyizingcweti ngenhliziyo ngifake ukuhlakanipha ukuba zikwenze konke engikuyale ngakho:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 itende lokuhlangana, nomphongolo wobufakazi, nesihlalo somusa esiphezu
kwawo, nezimpahla zonke zetende,

8netafula nezitsha zalo, nothi oluhle lwezibani nezitsha zonke zalo, ne-altare
lempepho,

9ne-altare lomnikelo wokushiswa nezitsha zonke zalo, nomcengezi nesinqe
sawo,

10nezingubo ezifekethisiweyo, nezambatho ezingcwele zika-Aroni umpristi
nezambatho zamadodana akhe zokuba bakhonze esikhundleni sobupristi,

11namafutha okugcoba, nempepho yamakha athaphukayo yendawo engcwele,
yebo, zenze njengakho konke engikuyale ngakho.

### Umyalelo wesabatha

12UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

13 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Anogcina amasabatha, ngokuba
aluphawu phakathi kwami nani ezizukulwaneni zenu ukuba nazi ukuthi
nginguJehova oningcwelisayo.

14 Gcinani isabatha, ngokuba lingcwele kini; yilowo nalowo olonayo
uyakubulawa nokubulawa, ngokuba osebenza umsebenzi ngalo
uyakunqunywa kubantu bakubo.

15 Izinsuku eziyisithupha kosetshenzwa, kepha ngosuku lwesikhombisa
kuyisabatha lokuphumula, lingcwele kuJehova: bonke abasebenza umsebenzi
ngosuku lwesabatha bayakubulawa nokubulawa.

16Ngalokho abakwa-Israyeli bayakuligcina isabatha, balilonde ezizukulwaneni
zabo libe yisivumelwano esiphakade.

17Liluphawu phakathi kwami nabantwana bakwa-Israyeli kuze kube phakade,
ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uJehova walenza izulu nomhlaba, kepha
ngosuku lwesikhombisa waphumula, waqabuleka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Eseqedile ukukhuluma noMose entabeni yaseSinayi wamnika izibhebhe zombili zobufakazi, izibhebhe zamatshe, zilotshiwe ngomunwe kaNkulunkulu.

## U-Eksodusi 32

### Ithole legolide

1 Abantu sebebone ukuthi uMose ulibele ukwehla entabeni, abantu babuthana ku-Aroni, bathi kuye: Vuka usenzele onkulunkulu abazakuhamba phambi kwethu, ngokuba uMose lowo, umuntu owasikhuphula ezweni laseGibithe, asazi ukuthi wehlelwe yini.

2 U-Aroni wayesethi kubo: Khumulani amacici egolide asezindlebeni zawomkenu, nakwezamadodana enu, nakwezamadodakazi enu, niwalethe kimi.

3 Bonke abantu bakhumula-ke amacici egolide asezindlebeni zabo, bawayisa ku-Aroni.

4 Wawamukela ezandleni zabo, wawabumba ngengwedo, wawenza aba yithole elibunjiweyo, bathi: Nampa onkulunkulu bakho, Israyeli, abakukhuphula ezweni laseGibithe.

5 U-Aroni wakubona, wakha i-altare phambi kwalo; u-Aroni wamemezela wathi: Kusasa kuzakuba khona umkhosi kaJehova.

6 Bavuka ekuseni ngakusasa, banikela ngeminikelo yokushiswa, baletha iminikelo yokuthula; abantu bahlala phansi ukuba badle, baphuze; bavuka ukuyodlala.

### Intukuthelo kaJehova nomkhuleko kaMose

7 UJehova wakhuluma kuMose, wathi: Hamba wehle, ngokuba abantu bakho owabakhuphula ezweni laseGibithe benzile isono;

8 baphambukile masinyane endleleni engabayala ngayo. Bazenzele ithole elibunjiweyo, balikhonza, balihlabela, bathi: Nampa onkulunkulu bakho, Israyeli, abakukhuphula ezweni laseGibithe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

9 UJehova wathi kuMose: Ngibabonile laba bantu; bheka, bangabantu abantamo ilukhuni.

10 Ngalokho ngiyeke ukuba ulaka lwami lubavuthele, ngibaqede, ngikwenze ube yisizwe esikhulu.

11 UMose wamshweleza uJehova uNkulunkulu wakhe, wathi: Jehova, ulaka lwakho lubavuthelelani abantu bakho owabakhuphula ezweni laseGibithe ngamandla amakhulu nangesandla esiqinileyo na?

12 AbaseGibithe bayakusholoni ukuthi: Wabakhiphela okubi ukuba ababulale ezintabeni, abaqothule ebusweni bomhlaba. Phenduka olakeni lwakho oluvuthayo, uguquke kulobu bubi ngakubantu bakho.

13 Khumbula o-Abrahama, no-Isaka, no-Israyeli, izinceku zakho, owazifungela kubo, wathi kubo: Ngiyakwandisa inzalo yenu ibe ngangezinkanyezi zezulu, nginike inzalo yenu lonke leli zwe engikhulumile ngalo, idle ifa lalo kuze kube phakade.

14 UJehova wayesephenduka ebubini abethi uzakubenza kubantu bakhe.

15 UMose waphenduka, wehla entabeni enezibhebhe zombili zobufakazi esandleni sakhe, izibhebhe ezazilotshwe nxazombili, zalotshwa ngalapha nangalapha.

16 Izibhebhe zazingumsebenzi kaNkulunkulu, nokuloba kwakungukuloba kukaNkulunkulu, kuqoshiwe ezibhebheni.

17 UJoshuwa wezwa umsindo wabantu bekhamuluka, wathi kuMose: Kukhona umsindo wempi ekamu.

18 Wathi: Akusilo izwi labahalalisa ngokunqoba, akusilo izwi lokukhala ngokunqotshwa, kepha ngizwa umsindo wabahlabelelayo.

19 Kwathi esasondela ekamu, wabona ithole nokusina; ulaka lukaMose lwase luvutha, wazilahla izibhebhe ezandleni zakhe, wazaphula phansi kwentaba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Wayeselithatha ithole ababelenzile, walishisa ngomlilo, walicolisisa laze
laba luthuli, walivumvuzela emanzini, wabaphuzisa wona abantwana bakwa-
Israyeli.

21UMose wathi ku-Aroni: Benzeni kuwe laba bantu ukuba ubehlisele isono
esingaka na?

22Wathi u-Aroni: Ulaka lwenkosi yami malungavuthi; uyabazi abantu ukuthi
bathanda ububi.

23Ngokuba bathi kimi: Senzele onkulunkulu abazakuhamba phambi kwethu,
ngokuba uMose lowo, umuntu owasikhuphula ezweni laseGibithe, asazi
ukuthi wehlelwe yini.

24Ngase ngithi kubo: Onalo igolide makalikhumule; base benginika lona,
ngaliphonsa emlilweni, kwaphuma leli thole.

25UMose wababona abantu ukuthi babedlubulundile; ngokuba u-Aroni
wayebakhululile baze bahlekwa yizitha zabo;

26uMose wayesema esangweni lekamu, wathi: AbakaJehova mabeze kimi.
Onke amadodana kaLevi ayesebuthana kuye.

27 Wayesethi kuwo: Usho njalo uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Akube
yilowo nalowo kini abhince inkemba yakhe ethangeni lakhe, adabule ekamu,
aye emuva, aye phambili, kusukela kwelinye isango kuze kube kwelinye
isango lekamu, yilowo nalowo abulale umfowabo, nalowo umngane wakhe,
nalowo umakhelwane wakhe.

28Amadodana kaLevi enza njengezwi likaMose, kwawa ngalolo suku abantu
kungathi abayizinkulungwane ezintathu.

29Wayesethi uMose: Njengalokhu yilowo nalowo emelene nendodana yakhe
nanomfowabo, manizahlukanisele namuhla kuJehova ukuba aninike isibusiso
namuhla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30Kwathi ngangomuso uMose wathi kubantu: Nenzile isono esikhulu; sengiyakukhuphukela kuJehova, uma mhlawumbe ngingenza ukubuyisana ngesono senu.

31UMose wabuyela kuJehova, wathi: Hawu, laba bantu benzile isono esikhulu, bazenzele onkulunkulu ngegolide.

32 Nokho uma ubathethelela isono sabo; kepha uma ungabathetheleli, ake ungesule encwadini yakho oyilobileyo.

33UJehova wayesethi kuMose: Owonile kimi ngiyakumesula encwadini yami.

34 Kalokhu hamba-ke, uhole abantu, uye kuleyo ndawo engakhuluma ngayo kuwe; bheka, ingelosi yami iyakuhamba phambi kwakho; kepha mhla ngibahambela ngiyakuhambela isono sabo kubo.

35UJehova wayesebashaya-ke abantu, ngokuba benza ithole lelo alenzayo u-Aroni.

## U-Eksodusi 33

### Ukudabuka kwabantu

1 UJehova wakhuluma kuMose, wathi: Hamba wenyuke lapha, wena nabantu obakhuphulile ezweni laseGibithe, uye ezweni engalifungela ku-Abrahama, naku-Isaka, nakuJakobe, ngathi: Ngiyakulinika inzalo yakho.

2 Ngiyakuthuma ingelosi phambi kwakho, ngiwaxoshe amaKhanani, nama-Amori, namaHeti, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi,

3 uye ezweni elichichima ubisi nezinyosi. Angiyikukhuphuka ngiphakathi kwenu, lokhu ningabantu abantamo ilukhuni, funa nginiqede endleleni.

4Abantu beyizwa le ndaba embi badabuka, akwabakho muntu owafaka izivunulo zakhe.

5UJehova wayesethi kuMose: Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Ningabantu abantamo ilukhuni; uma ngikhuphuka ngiphakathi kwenu nangokuphazima kweso nje, ngizakuniqeda. Ngalokho khumulani manje izivunulo zenu, ukuze ngazi ukuthi ngiyakwenzani kini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Abantwana bakwa-Israyeli bazihlubula izivunulo zabo, kusukela entabeni yaseHorebe.

### Insika yefu

7UMose wayevama ukulithatha itende, walimisa ngaphandle kwekamu, libe kude nekamu, walibiza ngokuthi itende lokuhlangana. Kwathi bonke abamfunayo uJehova baphuma, baya etendeni lokuhlangana elalingaphandle kwekamu.

8Kwathi uMose ephuma eya etendeni, bonke abantu basukuma bema, kwaba yilowo nalowo ngasemnyango wetende lakhe, bambuka uMose waze wangena etendeni.

9Kwathi uMose engena etendeni, insika yefu yehla, yema ngasemnyango wetende; uJehova wakhuluma noMose.

10Bonke abantu bayibona insika yefu imi ngasemnyango wetende; bonke abantu basukuma, bakhuleka, kwaba yilowo nalowo ngasemnyango wetende lakhe.

11 UJehova wakhuluma kuMose ubuso nobuso, njengalokhu umuntu ekhuluma nomhlobo wakhe. Wabuyela ekamu, kepha inceku yakhe uJoshuwa indodana kaNuni, insizwa, ayiphumanga etendeni.

### UMose ucela ukubona inkazimulo kaJehova

12UMose wathi kuJehova: Bheka, uthi kimi: Khuphula laba bantu, kepha awungazisanga yena oyakumthuma nami. Nokho ushilo ukuthi: Ngiyakwazi ngegama, ufumene umusa emehlweni ami.

13 Ngalokho uma ngifumene umusa emehlweni akho, ake ungibonise izindlela zakho ukuba ngikwazi, ukuze ngifumane umusa emehlweni akho, ubhekisise ukuthi lesi sizwe singabantu bakho.

14Wayesethi: Ngiyakuhamba mina uqobo, ngikuphumuze, na?

15Wathi kuye: Uma ungahambi wena uqobo, ungasikhuphuli lapha.

16Ngokuba kuyakwaziwa ngani ukuthi ngifumene umusa emehlweni akho, mina nabantu bakho, na? Akungalokhu yini ukuthi uhamba nathi, ukuze

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

sahlukaniswe, mina nabantu bakho, nabanye abantu abasebusweni bomhlaba na?

17UJehova wathi kuMose: Ngiyakwenza nalokho okushiloyo, ngokuba ufumene umusa emehlweni ami; ngiyakwazi ngegama.

18Wayesethi: Ake ngibone inkazimulo yakho.

19 Wathi: Ngiyakudlulisa phambi kwakho ubuhle bami, ngilimemezele igama likaJehova phambi kwakho, ngibe nomusa kuyena engithanda ukuba nomusa kuye, ngibe nesihe kuyena engithanda ukuba nesihe kuye.

20 Wathi: Awunakubona ubuso bami, ngokuba akukho muntu ongangibona, aphile.

21UJehova wathi: Bheka, nansi indawo kimi; uyakuma edwaleni.

22Kuyakuthi isadlula inkazimulo yami, ngiyakukufaka ofantwini lwedwala, ngikumboze ngesandla sami, ngize ngidlule.

23Besengisusa isandla sami, ubone umhlane wami, kepha ubuso bami abuyikubonwa.

## U-Eksodusi 34

### UMose ubuyela eSinayi. Izibhebhe ezintsha zamatshe

1 UJehova wathi kuMose: Zibazele izibhebhe ezimbili zamatshe njengezokuqala, ngilobe ezibhebheni amazwi ayesezibhebheni zokuqala owazaphulayo.

2Mawube usulungele kusasa, ukhuphukele entabeni yaseSinayi ekuseni, ume khona phambi kwami esiqongweni sentaba.

3Akuyikukhuphuka muntu nawe, kungabonakali muntu entabeni yonke, futhi kungaklabi zimvu nazinkomo ngaphambi kwaleyo ntaba.

4Wayesebaza izibhebhe ezimbili zamatshe njengezokuqala; uMose wavuka ekuseni kakhulu, wakhuphukela entabeni yaseSinayi, njengalokho uJehova emyalile; waphatha ngesandla sakhe izibhebhe ezimbili zamatshe.

5UJehova wehla ngefu, wema naye lapho, wamemezela igama likaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 UJehova wadlula phambi kwakhe, wamemeza wathi: NguJehova! NguJehova! NguNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene neqiniso,

7 ogcinela abayizinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko nezono, ongayikuyekela onecala, ehambela ububi bawoyise kubantwana nakubantwana babantwana, kwabesizukulwane sesithathu nesesine.

8 UMose washesha wakhothamela emhlabathini, wakhuleka.

9 Wathi: Nkosi, uma ngifumene umusa emehlweni akho, iNkosi mayihambe iphakathi kwethu, ngokuba bangabantu abantamo ilukhuni; usithethelele ububi bethu nokona kwethu, usithabathe sibe yifa lakho.

10 Wayesethi: Bheka, ngiyenza isivumelwano; phambi kwabantu bonke bakho ngiyakuzenza izimangaliso ezingazange zenziwe emhlabeni wonke nakusiphi isizwe; bonke abantu okhona phakathi kwabo bayakuwubona umsebenzi kaJehova, ngokuba kuyesabeka lokhu engikwenza kuwe.

11 Qaphela lokhu engikuyala ngakho namuhla: bheka, ngixosha phambi kwakho ama-Amori, namaKhanani, namaHeti, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi.

12 Xwaya ukuba ungasenzi isivumelwano nabakhileyo ezweni oya kulo, funa babe lugibe kuwe.

13 Kepha niyakuwadiliza ama-altare abo, niziphahlaze izinsika zabo, nibagawule o-Ashera babo,

14 ngokuba awuyikukhonza omunye unkulunkulu, lokhu uJehova, igama lakhe linguMhawu, unguNkulunkulu onomhawu,

15 funa wenze isivumelwano nabakhileyo ezweni, baye baphinge nawonkulunkulu babo, bahlabele onkulunkulu babo, omunye akumeme, udle umhlatshelo wakhe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 uthathele amadodana akho amadodakazi abo, amadodakazi abo aye aphinge nawonkulunkulu babo, enze ukuba amadodana akho aye aphinge nawonkulunkulu babo.

17 Awuyikuzenzela onkulunkulu ababunjiweyo.

18 Umkhosi wesinkwa esingenamvubelo wowugcina. Uyakudla isinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa, njengalokho ngakuyala, ngesikhathi esinqunyiweyo senyanga ka-Abibi, ngokuba ngenyanga ka-Abibi waphuma eGibithe.

19 Konke okuvula isizalo kungokwami, nawo onke amaduna ezinkomo zakho, amazibulo ezinkomo nawezimvu.

20 Kepha izibulo lembongolo wolihlenga ngewundlu; uma ungalihlengi, ulaphule intamo. Amazibulo onke amadodana akho wowahlenga, kungabonakali muntu phambi kwami engaphethe lutho.

21 Wosebenza izinsuku eziyisithupha, uphumule ngosuku lwesikhombisa; uyakuphumula ngesikhathi sokulima nangokuvuna.

22 Uyakugcina umkhosi wamasonto, owolibo lukakolweni ovuniweyo, nomkhosi wokuvuna ngasekupheleni komnyaka.

23 Kathathu ngomnyaka abesilisa bakho bonke bayakubonakala phambi kweNkosi uJehova, uNkulunkulu ka-Israyeli.

24 Ngokuba ngiyakuxosha izizwe phambi kwakho, ngandise imikhawulo yakho; akuyikubakho muntu olifisa izwe lakho, nxa ukhuphuka uya ukubonakala phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho kathathu ngomnyaka.

25 Awuyikunikela ngegazi lomhlatshelo womkhosi wephasika kuze kuse.

26 Izandulela zolibo lwezwe lakho woziyisa endlini kaJehova uNkulunkulu wakho. Awuyikupheka izinyane lembuzi obisini lukanina.

27 UJehova wathi kuMose: Zilobele lawa mazwi, ngokuba ngokwalawa mazwi ngenzile isivumelwano nawe nabakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

28Wayelapho noJehova izinsuku ezingamashumi amane nobusuku
obungamashumi amane, kadlanga lutho, kaphuzanga manzi. Waloba
ezibhebheni amazwi esivumelwano, imiyalelo eyishumi.

### Inkazimulo yasebusweni bukaMose

29 Kwathi uMose esehla entabeni yaseSinayi, izibhebhe zombili zobufakazi
zisesandleni sikaMose esehla entabeni, uMose wayengazi ukuthi isikhumba
sobuso bakhe sasikhazimula ngenxa yokukhuluma kwakhe naye.

30Bathi u-Aroni nabo bonke abantwana bakwa-Israyeli bembona uMose,
bheka, isikhumba sobuso bakhe sasikhazimula, besaba ukusondela kuye.

31UMose wayesebabiza; u-Aroni nazo zonke izinduna zenhlangano babuyela-
ke kuye; uMose wayesekhuluma kubo.

32Ngasemuva bonke abantwana bakwa-Israyeli basondela, wabayala ngakho
konke uJehova akukhulume kuye entabeni yaseSinayi.

33 UMose eseqedile ukukhuluma nabo, wafaka iveli ebusweni bakhe.

34Kepha uMose esezakungena phambi kukaJehova ukukhuluma naye,
walikhumula iveli waze waphuma; waphuma, wakhuluma kubantwana
bakwa-Israyeli lokho akuyalelweyo.

35Abantwana bakwa-Israyeli babubona ubuso bukaMose ukuthi isikhumba
sobuso bukaMose sasikhazimula; uMose wayesebuye walifaka iveli ebusweni
bakhe waze wangena ukuyokhuluma naye.

## U-Eksodusi 35

### Umyalelo wesabatha

1UMose wabutha yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli, wathi kuyo:
Yilawa mazwi awayalile uJehova ukuba niwenze.

2 Izinsuku eziyisithupha kosetshenzwa umsebenzi, kepha ngosuku
lwesikhombisa kuyakuba kini usuku olungcwele, lube yisabatha lokuphumula
likaJehova; bonke abenza umsebenzi ngalo bayakubulawa.

3Aniyikubasa mlilo ezindlini zenu ngosuku lwesabatha.

### Inkongozelo yetabernakele*

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

4UMose wakhuluma kuyo yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli,
wathi: Yile nto ayale ngayo uJehova, ethi:

5 Thabathani phakathi kwenu umnikelo ube ngokaJehova; bonke
abanenhliziyo ethandayo mabawulethe, ube ngumnikelo kaJehova: igolide,
nesiliva, nethusi,

6nokuluhlaza nokububende nokubomvu, nelineni elicolekileyo, noboya
bezimbuzi,

7nezikhumba ezibomvu zezinqama, nezikhumba zamatahasi, nomuthi
womtholo,

8namafutha okukhanyisa, namakha amafutha okugcoba nawempepho
ethaphukayo,

9namatshe amashohamu, namatshe okufakwa, abe ngawengubo yamahlombe
nawesihlangu sesifuba.

10 Bonke abahlakaniphile ngenhliziyo mabeze, bakwenze konke uJehova
akuyalileyo:

11 itabernakele, netende lalo, nesifulelo salo, nezinkibaniso zalo,
namapulangwe alo, nemishayo yalo, nezinsika zalo, nezinyawo zalo;

12umphongolo nezinti zawo, nesihlalo somusa, nesihenqo seveli;

13itafula nezinti zalo nezitsha zonke zalo, nezinkwa zokubukwa;

14nothi lwezibani lokukhanyisa, nezitsha zalo nezibani zalo, namafutha
okukhanyisa;

15ne-altare lempepho nezinti zalo, namafutha okugcoba, nempepho
ethaphukayo, neveli lomnyango ngasemnyango wetabernakele;

16i-altare lomnikelo wokushiswa nehele lalo lethusi, nezinti zalo, nezitsha
zonke zalo, nomcengezi nesinqe sawo,

17nezilenge zegceke, nezinsika zalo, nezinyawo zazo, neveli lesango legceke,

18nezikhonkwane zetabernakele, nezikhonkwane zegceke, nezintambo zazo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19nezambatho ezifekethisiweyo zokukhonza endaweni engcwele, nezambatho ezingcwele zika-Aroni umpristi, nezambatho zamadodana akhe zokukhonza esikhundleni sobupristi.

20Yayisisuka yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli ebusweni bukaMose.

21Bafika, kwaba yilowo nalowo owavuswa yinhliziyo yakhe nowaqhutshwa ngumoya wakhe, baletha umnikelo kaJehova ube ngowomsebenzi wetende lokuhlangana, nowenkonzo yonke yalo, nowezambatho ezingcwele.

22Beza abesilisa nabesifazane, bonke abaqhutshwa yizinhliziyo zabo, baletha iziqhobosho namacici nezindandatho namasongo, izinto zonke zegolide, bonke ababenokunikela ngomnikelo wegolide kuJehova.

23Bonke okwafunyanwa kubo okuluhlaza nokububende nokubomvu, nelineni elicolekileyo, noboya bezimbuzi, nezikhumba ezibomvu zezinqama, nezikhumba zamatahasi, bakuletha.

24Bonke abanikela ngomnikelo wesiliva nowethusi baletha umnikelo kuJehova, nabo bonke okwafunyanwa kubo umuthi womtholo womsebenzi wenkonzo bawuletha.

25Bonke abesifazane abahlakaniphile ngenhliziyo baphotha ngezandla zabo, baletha okuphothiweyo, okuluhlaza nokububende nokubomvu, nelineni elicolekileyo.

26Bonke abesifazane abavuselwa yizinhliziyo zabo ukuhlakanipha baphotha uboya bezimbuzi.

27Izinduna zaletha amatshe amashohamu namatshe okufakwa, awengubo yamahlombe nawesihlangu sesifuba,

28namakha, namafutha okukhanyisa nawokugcoba nawempepho ethaphukayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[29]Abantwana bakwa-Israyeli bawuletha umnikelo wesihle kuJehova, bonke abesilisa nabesifazane, abanhliziyo yabo ibavusele ukulethela yonke imisebenzi ayale ngayo uJehova ukuba yenziwe ngesandla sikaMose.

### Ababonisi bemisebenzi

[30] UMose wathi kubantwana bakwa-Israyeli: Bhekani, uJehova ubize ngegama uBesaleli indodana ka-Uri kaHure, owesizwe sakwaJuda;

[31]umgcwalisile ngoMoya kaNkulunkulu, ngokuhlakanipha nangokuqonda nangokwazi nangamandla emisebenzini yonke

[32]ukuba aqambe imisebenzi yobungcweti, asebenze ngegolide, nangesiliva, nangethusi,

[33]nangokuqopha amatshe okufakwa, nangokuqopha imithi, ukuba asebenze yonke imisebenzi yobungcweti.

[34]Ubeke enhliziyweni yakhe ukuba afundise, yena no-Oholiyabe indodana ka-Ahisamaki, owesizwe sakwaDani.

[35]Laba ubagcwalisile ngokuhlakanipha kwenhliziyo ukuba basebenze yonke imisebenzi, eyomqophi neyengcweti neyomfekethisi, ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo, neyomaluki, neyabasebenza namuphi umsebenzi, nabaqamba imisebenzi yobungcweti.

## U-Eksodusi 36

### Ukwakhiwa kwetabernakele*

[1] OBesaleli no-Oholiyabe bayakusebenza nabo bonke abahlakaniphile ngenhliziyo, uJehova abeke kubo ukuhlakanipha nokuqonda ukuba bazi ukwenza yonke imisebenzi yenkonzo yendlu engcwele njengakho konke uJehova akuyalileyo.

[2]UMose wababiza oBesaleli no-Oholiyabe nabo bonke abahlakaniphile ngenhliziyo, uJehova abeke ukuhlakanipha ezinhliziyweni zabo, bonke abavuswa yizinhliziyo zabo ukuza emsebenzini ukuba bawenze.

[3]Bawamukela kuMose wonke umnikelo, abantwana bakwa-Israyeli ababewulethele umsebenzi wenkonzo yendlu engcwele ukuba wenziwe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ngawo. Kepha babesaletha kuye njalo imihla ngemihla ekuseni iminikelo yesihle.

4Bonke abahlakaniphileyo ababeyisebenza yonke imisebenzi yendlu engcwele beza, kwaba yilowo nalowo wavela emsebenzini wakhe owawusebenzayo,

5bathi kuMose: Abantu baletha okuningi kakhulu kunokwanele inkonzo yomsebenzi ayalile ngawo uJehova ukuba wenziwe.

6UMose wayeseyala, kwamenyezelwa ekamu, kwathiwa: Makungabe kusasetshenzwa ngowesilisa nangowesifazane omunye umsebenzi womnikelo wendlu engcwele. Base bevinjelwa abantu ukuletha.

7Okwase kwenziwe kwakwanele wonke umsebenzi obuyakwenziwa, futhi kwasala.

8 Bonke abahlakaniphile ngenhliziyo phakathi kwabo abasebenza umsebenzi benza itabernakele ngezilenge eziyishumi, bazenza ngelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, nangokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, zinamakherubi, umsebenzi wengcweti.

9Ubude besilenge babuyizingalo ezingamashumi amabili nesishiyagalombili, nobubanzi besilenge babuyizingalo ezine; zonke izilenge zazinesilinganiso sinye.

10Wahlanganisa izilenge eziyisihlanu esinye nesinye; wazihlanganisa nezinye izilenge eziyisihlanu esinye nesinye.

11Wazenza izihibe eziluhlaza eceleni lesinye isilenge emphethweni ngasekuhlanganeni; wenze njalo naseceleni lesilenge sokugcina ngasekuhlanganeni kwesibili.

12Wazenza izihibe ezingamashumi ayisihlanu kwesinye isilenge; wazenza izihibe ezingamashumi ayisihlanu eceleni lesilenge esisekuhlanganeni kwesibili; izihibe zazibhekana.

13Wazenza izinkibaniso ezingamashumi ayisihlanu zegolide, wazihlanganisa izilenge esinye nesinye ngezinkibaniso, kwaba yitabernakele linye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Wazenza izilenge ngoboya bezimbuzi, zibe yitende phezu kwetabernakele; wazenza izilenge eziyishumi nanye.

15Ubude besilenge babuyizingalo ezingamashumi amathathu, nobubanzi bezilenge babuyizingalo ezine; izilenge eziyishumi nanye zazinesilinganiso sinye.

16Wahlanganisa izilenge eziyisihlanu zodwa, nezilenge eziyisithupha zodwa.

17Wazenza izihibe ezingamashumi ayisihlanu eceleni lesilenge sokugcina ekuhlanganeni, wazenza izihibe ezingamashumi ayisihlanu eceleni lesilenge ekuhlanganeni kwesibili.

18Wazenza izinkibaniso ezingamashumi ayisihlanu zethusi zokuhlanganisa itende libe linye.

19Wasenza isifulelo setende ngezikhumba ezibomvu zezinqama, nesifulelo ngezikhumba zamatahasi phezulu.

20 Wawenza amapulangwe amiyo etabernakele ngomuthi womtholo.

21Ubude bepulangwe babuyizingalo eziyishumi, nobubanzi bepulangwe babuyingalo nenxenye.

22Yilelo nalelo pulangwe lalinemisuka emibili, omunye malungana nomunye; wenze njalo kuwo onke amapulangwe etabernakele.

23Wawenza amapulangwe etabernakele, amapulangwe angamashumi amabili ohlangothi lwaseningizimu olubheka ngaseningizimu.

24Wazenza izinyawo ezingamashumi amane zesiliva phansi kwamapulangwe angamashumi amabili, izinyawo ezimbili phansi kwepulangwe linye, ezemisuka yalo emibili, nezinyawo ezimbili phansi kwelinye ipulangwe, ezemisuka yalo emibili.

25Uhlangothi lwesibili lwetabernakele ngasohlangothini lwasenyakatho walwenzela amapulangwe angamashumi amabili,

26nezinyawo zawo ezingamashumi amane zesiliva, izinyawo ezimbili phansi kwepulangwe linye nezinyawo ezimbili phansi kwelinye ipulangwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Uhlangothi lwetabernakele olungasemuva ngasentshonalanga walwenzela amapulangwe ayisithupha.

28Amapulangwe amabili wawenzela amagumbi etabernakele angasemuva.

29Ayemabili phansi, kanjalo aphelela aze afika phezulu esongweni lokuqala; wenze njalo kuwo omabili emagumbini omabili.

30Kwakungamapulangwe ayisishiyagalombili nezinyawo zawo zesiliva, izinyawo eziyishumi nesithupha, izinyawo ezimbili phansi kwalelo nalelo pulangwe.

31Wayenza imishayo ngomuthi womtholo, yaba ngeyisihlanu yamapulangwe olunye uhlangothi lwetabernakele,

32nemishayo eyisihlanu yamapulangwe olunye uhlangothi lwetabernakele, nemishayo eyisihlanu yamapulangwe etabernakele ohlangothini olungasemuva ngasentshonalanga.

33Wawenza umshayo waphakathi ukuba udabule phakathi kwamapulangwe, kusukela ekugcineni ngalapha kuze kufike ekugcineni ngalapha.

34Wanameka amapulangwe ngegolide, wawenza amasongo awo ngegolide, abe yizindawo zezinti; wanameka nezinti ngegolide.

35 Wasenza isihenqo ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, wasenza saba namakherubi, umsebenzi wengcweti.

36Wasenzela izinsika ezine zomtholo, wazinameka ngegolide; izingwegwe zazo zaziyigolide; wazikhandela izinyawo ezine zesiliva.

37Walenza iveli lomnyango wetende ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, umsebenzi womfekethisi,

38nezinsika zalo eziyisihlanu nezingwegwe zazo; wanameka izihloko zazo nezibopho zazo ngegolide; izinyawo zazo eziyisihlanu zaziyithusi.

**U-Eksodusi 37**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Umphongolo nesihlalo somusa

1 UBesaleli wawenza umphongolo ngomuthi womtholo; ubude bawo babuyizingalo ezimbili nenxenye, ububanzi bawo babuyingalo nenxenye, nokuphakama kwawo kwakuyingalo nenxenye.

2 Wawunameka ngegolide elicwengekileyo ngaphakathi nangaphandle, wawenzela udini lwegolide nxazonke.

3 Wawukhandela amasongo amane egolide ezinyaweni zawo zozine, amasongo amabili kolunye uhlangothi lwawo, namasongo amabili kolunye uhlangothi lwawo.

4 Wazenza izinti zomuthi womtholo, wazinameka ngegolide.

5 Wazifaka izinti emasongweni asezinhlangothini zomphongolo ukuba umphongolo uthwalwe ngazo.

6 Wasenza isihlalo somusa ngegolide elicwengekileyo; ubude baso babuyizingalo ezimbili nenxenye, nobubanzi baso babuyingalo nenxenye.

7 Wawenza amakherubi amabili ngegolide, wawenza ngomsebenzi okhandiweyo ekugcineni kwesihlalo somusa nxazombili,

8 elinye ikherubi ekugcineni ngalapha nelinye ikherubi ekugcineni ngalapha; wawenza amakherubi aba kunye nesihlalo somusa, ekugcineni kwaso ngalapha nangalapha.

9 Amakherubi awelula amaphiko awo ngaphezulu, amboza isihlalo somusa ngamaphiko awo, abhekana ngobuso; ubuso bamakherubi babheka isihlalo somusa.

### Itafula

10 Walenza itafula ngomuthi womtholo; ubude balo babuyizingalo ezimbili, nobubanzi balo babuyingalo, nokuphakama kwalo kwakuyingalo nenxenye.

11 Walinameka ngegolide elicwengekileyo, walenzela udini lwegolide nxazonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Walenzela usiko olulingene nesandla ngobubanzi nxazonke, walwenzela usiko lwalo udini lwegolide nxazonke.

13Walukhandela amasongo amane egolide, wawafaka amasongo emagumbini omane asezinyaweni zalo zozine.

14Amasongo ayengasodinini, izindawo zezinti zokuthwala itafula.

15Wazenza izinti ngomuthi womtholo, wazinameka ngegolide, ukuba itafula lithwalwe ngazo.

16Wayesenza ngegolide elicwengekileyo izitsha ezazisetafuleni, izingqwembe zalo, nezinkezo zalo, nezinkamba zalo, nezindebe zalo zokuthela.

**Uthi lwezibani**

17 Walwenza uthi lwezibani ngegolide elicwengekileyo, walwenza uthi lwezibani ngomsebenzi okhandiweyo, isinqe salo nesiqu salo; izimbizana zalo, namasumpa alo, nezimbali zalo kwakukunye nalo.

18Kwakukhona amagatsha ayisithupha aphuma ezinhlangothini zalo, amagatsha amathathu othi lwezibani kolunye uhlangothi lwalo namagatsha amathathu othi lwezibani kolunye uhlangothi lwalo.

19Izimbizana ezintathu zafaniswa nezimbali zemi-alimondi kwelinye igatsha, zinesumpa nembali; izimbizana ezintathu zafaniswa nezimbali zemi-alimondi kwelinye igatsha, zinesumpa nembali; kwakunjalo kuwo onke amagatsha ayisithupha aphuma othini lwezibani.

20Kwakukhona othini lwezibani izimbizana ezine ezifana nezimbali zemi-alimondi, zinamasumpa azo nezimbali zazo,

21isumpa phansi kwamagatsha amabili likunye nalo, nelinye isumpa phansi kwamagatsha amabili likunye nalo, nelinye isumpa phansi kwamagatsha amabili likunye nalo, kuwo onke amagatsha ayisithupha aphuma kulo.

22Amasumpa alo namagatsha alo ayekunye nalo; konke okwalo kwakungumsebenzi munye okhandiweyo wegolide elicwengekileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[23]Wazenza izibani zalo eziyisikhombisa nezizenze zalo nezitsha zalo zensizi ngegolide elicwengekileyo.

[24]Walwenza ngetalenta legolide elicwengekileyo, nazo zonke izinto zalo.

### I-altare lempepho

[25] Walenza i-altare lempepho ngomuthi womtholo; ubude balo babuyingalo, nobubanzi balo babuyingalo; laba nezinhlangothi ezine ezilingeneyo; nokuphakama kwalo kwakuyizingalo ezimbili; izimpondo zalo zazikunye nalo.

[26]Walinameka ngegolide elicwengekileyo ngaphezulu, nezinhlangothi zalo nxazonke, nezimpondo zalo; walenzela udini lwegolide nxazonke.

[27]Walenzela amasongo amabili egolide phansi kodini lwalo nxazombili, ezinhlangothini zalo zombili, abe yizindawo zezinti zokulithwala.

[28]Wazenza izinti ngomuthi womtholo, wazinameka ngegolide.

[29] Wawenza amafutha angcwele okugcoba, nempepho enhle yamakha athaphukayo, ngokobungcweti bomthaki.

## U-Eksodusi 38

### I-altare lomnikelo wokushiswa

[1] Walenza i-altare lomnikelo wokushiswa ngomuthi womtholo; ubude balo babuyizingalo eziyisihlanu, nobubanzi balo babuyizingalo eziyisihlanu; laba nezinhlangothi ezine ezilingeneyo; nokuphakama kwalo kwakuyizingalo ezintathu.

[2]Wazenza izimpondo zalo emagumbini alo omane, izimpondo zalo zazikunye nalo; walinameka ngethusi.

[3]Wazenza zonke izinto ze-altare, amakhanzi, namafosholo, nezitsha, nezimfoloko, nemicengezi yomlilo; wazenza zonke izinto zalo ngethusi.

[4]Walenzela i-altare ihele lethusi elenziwe njengenetha phansi kosiko oluzungeza i-altare ukuba lifinyelele ngaphakathi kwe-altare ukuya phezulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Wakhanda amasongo amane amagumbi omane ehele lethusi, abe yizindawo zezinti.

6Wazenza izinti ngomuthi womtholo, wazinameka ngethusi.

7Wazifaka izinti emasongweni ezinhlangothini ze-altare ukuba lithwalwe ngazo; walenza ngamapulangwe laba yigobongo.

8 Wawenza umcengezi wethusi nesinqe sawo ngethusi lezibuko zabesifazane abahlangana ukuyokhonza ngasemnyango wetende lokuhlangana.

**Igceke**

9 Walenza negceke; ngaseningizimu ohlangothini lwaseningizimu izilenge zegceke zaziyilineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, izingalo eziyikhulu.

10Izinsika zazo zazingamashumi amabili, nezinyawo zazo zazingamashumi amabili zethusi; izingwegwe zezinsika nezibopho zazo zaziyisiliva.

11Ngasohlangothini lwasenyakatho yizingalo eziyikhulu, izinsika zazo zingamashumi amabili, nezinyawo zazo zingamashumi amabili zethusi; izingwegwe zezinsika nemishayo yazo kwakuyisiliva.

12Ngasohlangothini olungasentshonalanga izilenge zaziyizingalo ezingamashumi ayisihlanu, izinsika zazo zaziyishumi, nezinyawo zazo zaziyishumi; izingwegwe zezinsika nemishayo yazo kwakuyisiliva.

13Nangasempumalanga ngasohlangothini olungasempumalanga yizingalo ezingamashumi ayisihlanu.

14Izilenge kwelinye icele lesango zaziyizingalo eziyishumi nanhlanu; izinsika zazo zazintathu, nezinyawo zazo zazintathu.

15Kwaba njalo nakwelinye icele: ngalapha nangalapha kwesango legceke zazikhona izilenge eziyizingalo eziyishumi nanhlanu; izinsika zazo zazintathu, nezinyawo zazo zazintathu.

16Zonke izilenge zegceke nxazonke zazingezelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Izinyawo zezinsika zaziyithusi, izingwegwe zezinsika nemishayo yazo
kwakuyisiliva; izihloko zazo zazinamekwe ngesiliva; zonke izinsika zegceke
zazinesibopho sesiliva.

18Iveli lesango legceke lalingumsebenzi womfekethisi ngokuluhlaza
nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu
ephothiweyo; ubude balo babuyizingalo ezingamashumi amabili,
nokuphakama ngokobubanzi bezilenge kwakuyizingalo eziyisihlanu
ngokulingene nezilenge zegceke.

19Izinsika zalo zazizine, nezinyawo zalo zazizine zethusi; izingwegwe
zaziyisiliva, ukunamekwa kwezihloko nokwezibopho kwakuyisiliva.

20Zonke izikhonkwane zetabernakele nezegceke nxasonke zaziyithusi.

### Imali yetabernakele* eyaqedwayo

21Lokhu kuyimali yetabernakele, itabernakele lobufakazi, njengokubalwa
kwayo ngesiyalezo sikaMose, ngokubala kwamaLevi ngesandla sika-Itamari
indodana ka-Aroni umpristi.

22UBesaleli indodana ka-Uri kaHure, owesizwe sakwaJuda, wakwenza konke
uJehova amyale ngakho uMose.

23Wayeno-Oholiyabe indodana ka-Ahisamaki, owesizwe sakwaDani, umqophi
nengcweti nomfekethisi ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu,
nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo.

24Lonke igolide okwasetshenzwa ngalo, wonke umsebenzi wendlu engcwele,
igolide lomnikelo lalingamatalenta angamashumi amabili nesishiyagalolunye
namashekeli angamakhulu ayisikhombisa namashumi amathathu
ngokweshekeli lendlu engcwele.

25Isiliva lababebalwa esizweni lalingamatalenta ayikhulu namashekeli
ayinkulungwane namakhulu ayisikhombisa namashumi ayisikhombisa
nanhlanu ngokweshekeli lendlu engcwele,

26 kwaba yilowo nalowo wanikela ngebeka eliyinxenye yeshekeli
ngokweshekeli lendlu engcwele kubo bonke abadlulela kwababaliweyo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

abaneminyaka engamashumi amabili nangaphezulu, abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha nantathu namakhulu ayisihlanu namashumi ayisihlanu.

27 Amatalenta ayikhulu esiliva ayengawokukhanda izinyawo zendlu engcwele, nezinyawo zesihenqo, izinyawo eziyikhulu ngamatalenta ayikhulu, italenta ngonyawo.

28 Ngamashekeli ayinkulungwane namakhulu ayisikhombisa namashumi ayisikhombisa nanhlanu wenza izingwegwe zezinsika, wanameka izihloko zazo, wazenzela izibopho.

29 Ithusi lomnikelo laba ngamatalenta angamashumi ayisikhombisa namashekeli ayizinkulungwane ezimbili namakhulu amane.

30 Wenza ngalo izinyawo zomnyango wetende lokuhlangana, ne-altare lethusi, nehele lalo lethusi, nezinto zonke ze-altare,

31 nezinyawo zegceke nxazonke, nezinyawo zesango legceke, nazo zonke izikhonkwane zetabernakele, nazo zonke izikhonkwane zegceke nxazonke.

## U-Eksodusi 39

### Izambatho zabapristi ziyathungwa

1 Ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu benza izambatho ezenziwe kahle zokukhonza endaweni engcwele; bamenzela u-Aroni izambatho ezingcwele, njengalokho uJehova emyalile uMose.

2 Wayenza ingubo yamahlombe ngegolide, nangokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo.

3 Balikhanda igolide laba ngongcwecwe, balisika izincingwana ukuba zalukwe nokuluhlaza nokububende nokubomvu, nelineni elicolekileyo, umsebenzi wengcweti.

4 Bayenzela iziziba zamahlombe ezihlanganisiweyo; yahlanganiswa emaceleni omabili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Ibhande elalukiwe kahle elalikuyo ukuyibhinca lalikunye nayo, lifana
nokusetshenzwa kwayo, lalingelegolide, lingokuluhlaza nangokububende
nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo, njengalokho
uJehova emyalile uMose.

6Balungisa amatshe amashohamu ezungezwe yizisekelo zegolide, eqoshwe
njengendandatho ngamagama amadodana ka-Israyeli.

7Wawabeka ezizibeni zengubo yamahlombe, abe ngamatshe esikhumbuzo
sabantwana bakwa-Israyeli, njengalokho uJehova emyalile uMose.

8 Wayesesenza isihlangu sesifuba, umsebenzi wengcweti, njengokusetshenzwa
kwengubo yamahlombe, ngegolide, nangokuluhlaza nangokububende
nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo.

9Sasinezinhlangothi ezine ezilingeneyo; basenza isihlangu sesifuba siphindwe
kabili; ubude baso babunjengokudazuluka kweminwe, nobubanzi baso
babunjengokudazuluka kweminwe, siphindwe kabili.

10Bafaka kuso izinhla ezine zamatshe; uhla lwesardiyu, netopazi, nerubi
lwaba luhla lokuqala;

11uhla lwesibili lwaba yisimaragidu, nesafire, nedayimani;

12uhla lwesithathu lwaba yihiyakinte, ne-agathe, ne-amethiste;

13uhla lwesine lwaba yikrisolithi, neshohamu, nejaspi; ayezungeziwe
yizisekelo zegolide lapho zifakwe khona.

14Amatshe ayeyishumi nambili njengamagama amadodana ka-Israyeli,
njengamagama abo; njengokuqoshwa kwendandatho yilelo nalelo lalinegama
lakhe kuzo izizwe eziyishumi nambili.

15Benza esihlangwini sesifuba amaketanga njengamagoda, umsebenzi
othandelweyo wegolide elicwengekileyo.

16Benza izisekelo ezimbili zegolide namasongo amabili egolide; bawafaka
amasongo omabili emaceleni omabili esihlangu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Base befaka amaketanga omabili egolide athandelweyo emasongweni omabili emaceleni esihlangu sesifuba.

18 Ezinye izihloko ezimbili zamaketanga athandelweyo bazifaka ezisekelweni ezimbili, wazibeka ngaphambili ezizibeni zengubo yamahlombe.

19 Base bewenza amasongo amabili egolide, bawafaka emaceleni omabili esihlangu sesifuba, eceleni laso elibhekene nengubo yamahlombe ngaphakathi.

20 Bawenza amasongo amabili egolide, bawafaka ezizibeni zombili zengubo yamahlombe phansi ngaphambili, eduze nokuhlangana kwayo, phezu kwebhande elifekethisiweyo lengubo yamahlombe.

21 Base bebopha isihlangu sesifuba ngamasongo aso emasongweni engubo yamahlombe ngentambo eluhlaza ukuba sibe phezu kwebhande elifekethisiweyo lengubo yamahlombe, ukuze isihlangu sesifuba singakhumuki engutsheni yamahlombe, njengalokho uJehova emyalile uMose.

22 Walenza ijazi lengubo yamahlombe ngokwalukiweyo, ngokuluhlaza lonke.

23 Imbobo yejazi ngaphakathi kwalo yayinjengembobo yebhantshi lensimbi, inomphetho oyizungeza imbobo yalo ukuba lingadatshulwa.

24 Benza emiphethweni yejazi amapomegranati ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu okuphothiweyo.

25 Bazenza izikhencezo zegolide elicwengekileyo, bazifaka izikhencezo phakathi kwamapomegranati emiphethweni yejazi nxazonke phakathi kwamapomegranati,

26 isikhencezo nepomegranati, isikhencezo nepomegranati emiphethweni yejazi nxazonke, ukuba kukhonzwe ngalo, njengalokho uJehova emyalile uMose.

27 Base bebalukela u-Aroni namadodana akhe amabhantshi elineni elicolekileyo lomsebenzi owalukiweyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

28nesigqoko selineni elicolekileyo, nezinye izigqoko ezinhle zelineni elicolekileyo, namabhulukwe elineni ngelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo,

29nebhande lelineni elicolekileyo lemicu ephothiweyo nelokuluhlaza nelokububende nelokubomvu, umsebenzi womfeketshisi, njengalokho uJehova emyalile uMose.

30 Benza ungcwecwe womqhele ongcwele ngegolide elicwengekileyo, babhala kuye umbhalo njengokuqoshwa kwendandatho wokuthi: Wahlukaniselwe uJehova .

31Babophela kuye intambo eluhlaza ukuba abekwe phezulu esigqokweni, njengalokho uJehova emyalile uMose.

### Izinto zetabernakele* ziyalethwa

32Njalo-ke kwaqedwa wonke umsebenzi wetabernakele letende lokuhlangana; abantwana benza njengakho konke uJehova amyale ngakho uMose; benze njalo-ke.

33 Baliletha itabernakele kuMose, itende nempahla yalo yonke, nezinkibaniso zalo, namapulangwe alo, nemishayo yalo, nezinsika zalo, nezinyawo zalo,

34nesifulelo sezikhumba ezibomvu zezinqama, nesifulelo sezikhumba zamatahasi, nesihenqo seveli,

35nomphongolo wobufakazi, nezinti zawo, nesihlalo somusa;

36itafula nezinto zonke zalo, nezinkwa zokubukwa;

37uthi olucwengekileyo lwezibani nezibani zalo, izibani zihleliwe, nezinto zonke zalo, namafutha okukhanyisa,

38ne-altare legolide, namafutha okugcoba, nempepho ethaphukayo, neveli lomnyango wetende;

39i-altare lethusi, nehele lalo lethusi, nezinti zalo, nezinto zonke zalo, nomcengezi nesinqe sawo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

40izilenge zegceke, nezinsika zalo, nezinyawo zalo, neveli lesango legceke, nezintambo zalo, nezikhonkwane zalo, nempahla yonke yenkonzo yetabernakele, netende lokuhlangana;

41izambatho ezenziwe kahle zokukhonza endaweni engcwele, nezambatho ezingcwele zika-Aroni umpristi, nezambatho zamadodana akhe zokukhonza esikhundleni sobupristi.

42Njengakho konke uJehova amyale ngakho uMose, benze njalo abantwana bakwa-Israyeli wonke umsebenzi.

43UMose wabona wonke umsebenzi; bheka, babewenzile; njengalokho uJehova eyalile, bawenza kanjalo; uMose wababusisa.

## U-Eksodusi 40

### Ukumiswa kwetabernakele* nokungcweliswa kwalo

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Ngosuku lokuqala lwenyanga yokuqala wolimisa itabernakele letende lokuhlangana.

3 Wofaka khona umphongolo wobufakazi, uwuhenqele umphongolo ngesihenqo.

4Ulingenise itafula, uhlele izinto eziphezu kwalo, ulungenise uthi lwezibani, ubeke izibani zalo.

5 Ubeke i-altare legolide lempepho phambi komphongolo wobufakazi, ulengise iveli lomnyango wetabernakele.

6 Ubeke i-altare lomnikelo wokushiswa phambi komnyango wetabernakele letende lokuhlangana.

7Ubeke umcengezi phakathi kwetende lokuhlangana ne-altare, uthele amanzi kuwo.

8Ulungise igceke nxazonke, ulengise iveli lesango legceke.

9 Uthabathe amafutha okugcoba, uligcobe itabernakele nakho konke okukulo, ulingcwelise kanye nempahla yalo yonke, libe ngcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Ugcobe i-altare lomnikelo wokushiswa nezinto zalo zonke, ulingcwelise i-altare, i-altare libe ngcwelengcwele.

11Ugcobe umcengezi nesinqe sawo, uwungcwelise.

12 Ulethe u-Aroni namadodana akhe emnyango wetende lokuhlangana, ubageze ngamanzi.

13Umembathise u-Aroni izambatho ezingcwele, umgcobe, umngcwelise ukuba angikhonze esikhundleni sobupristi.

14Ulethe amadodana akhe, uwembathise amabhantshi,

15uwagcobe, njengalokho wamgcoba uyise, ukuba bangikhonze esikhundleni sobupristi, ukugcotshwa kwabo kube ngubupristi obuphakade kubo ezizukulwaneni zabo.

16Wenze njalo uMose; njengakho konke uJehova amyale ngakho, wenze njalo-ke.

17Kwathi enyangeni yokuqala ngomnyaka wesibili, ngolokuqala lwenyanga itabernakele lamiswa.

18UMose walimisa itabernakele, wabeka izinyawo zalo, wamisa amapulangwe alo, wafaka imishayo yalo, wamisa izinsika zalo.

19Weneka itende phezu kwetabernakele, wabeka isifulelo setende phezu kwalo, njengalokho uJehova emyalile uMose.

20 Wathabatha, wabufaka ubufakazi emphongolweni, wafaka izinti emphongolweni, wabeka isihlalo somusa phezu komphongolo.

21Wangenisa umphongolo etabernakele, wamisa isihenqo seveli, wahenqela umphongolo wobufakazi, njengalokho uJehova emyalile uMose.

22Wafaka itafula etendeni lokuhlangana ohlangothini lwetabernakele olungasenyakatho ngaphandle kwesihenqo.

23Wahlela izinkwa phezu kwalo phambi kukaJehova, njengalokho uJehova emyalile uMose.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Walubeka uthi lwezibani etendeni lokuhlangana malungana netafula ohlangothini lwetabernakele olungaseningizimu.

25Wazibeka izibani phambi kukaJehova, njengalokho uJehova emyalile uMose.

26Walibeka i-altare legolide etendeni lokuhlangana ngaphambi kwesihenqo.

27Washisa lapho impepho yamakha athaphukayo, njengalokho uJehova emyalile uMose.

28Walengisa iveli lomnyango wetabernakele.

29Wabeka i-altare lomnikelo wokushiswa ngasemnyango wetabernakele letende lokuhlangana, wanikela kulo ngomnikelo wokushiswa nangomnikelo wempuphu, njengalokho uJehova emyalile uMose.

30 Wabeka umcengezi phakathi kwetende lokuhlangana ne-altare, wathela kuwo amanzi okugeza.

31OMose no-Aroni namadodana akhe bahlambela kuwo izandla zabo nezinyawo zabo.

32Nxa bengena etendeni lokuhlangana nanxa besondela e-altare, bageza njengalokho uJehova emyalile uMose.

33Walungisa igceke lizungeza itabernakele ne-altare, walengisa iveli lesango legceke; kanjalo-ke uMose wawuqeda umsebenzi.

34Ifu lase lisibekela itende lokuhlangana, nenkazimulo kaJehova yagcwalisa itabernakele.

35UMose wayengenakungena etendeni lokuhlangana, ngokuba ifu lahlala phezu kwalo, nenkazimulo kaJehova yagcwalisa itabernakele.

36Njalo lapho ifu lenyuswa etabernakele, abantwana bakwa-Israyeli baqhubekela phambili ezinkambeni zabo zonke.

37Kepha uma ifu lingenyuswanga, babengaqhubeki kwaze kwafika usuku lokwenyuswa kwalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

38 Ngokuba ifu likaJehova laliphezu kwetabernakele emini, nomlilo wawukulo ebusuku emehlweni ayo yonke indlu yakwa-Israyeli ezinkambeni zabo zonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# ULEVITIKUS

## ULevitikusi 1

### Umthetho weminikelo yokushiswa

1UJehova esetendeni lokuhlangana wambiza uMose, wakhuluma kuye, wathi:

2 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa umuntu wakini eletha umnikelo kuJehova, anonikela ngomnikelo wenu wezinkomo zemihlambi nowezimvu.

3 Uma umnikelo wakhe ungumnikelo wokushiswa wemihlambi, uyakunikela ngeduna elingenasici, anikele ngalo ngasemnyango wetende lokuhlangana, aze amukeleke kuJehova.

4 Uyakubeka isandla sakhe enhloko yomnikelo wokushiswa; uyakwamukelwa ngenxa yakhe, umenzele ukubuyisana.

5Wolihlaba iduna phambi kukaJehova, amadodana ka-Aroni, abapristi, alethe igazi, afafaze ngegazi nxazonke ze-altare elingasemnyango wetende lokuhlangana.

6Uyakuhlinza umnikelo wokushiswa, awuhlahlele izitho.

7Amadodana ka-Aroni umpristi abeke umlilo e-altare, ahlele izinkuni phezu komlilo;

8amadodana ka-Aroni, abapristi, ahlele izitho, nenhloko, namanoni, phezu kwezinkuni ezisemlilweni ophezu kwe-altare,

9 ahlanze izibilini zalo namanqina alo ngamanzi, umpristi akushise konke e-altare, kube ngumnikelo wokushiswa, umnikelo womlilo, ube yiphunga elimnandi kuJehova.

10 Uma umnikelo wakhe ungowemihlambi, owasezimvini noma owasezimbuzini, ube ngumnikelo wokushiswa, wonikela ngeduna elingenasici.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Alihlabe ngasohlangothini lwe-altare olungasenyakatho phambi
kukaJehova; amadodana ka-Aroni, abapristi, afafaze i-altare ngegazi lalo
nxazonke.

12Alihlahlele izitho nenhloko yalo namanoni alo, umpristi akuhlele phezu
kwezinkuni ezisemlilweni ophezu kwe-altare,

13ahlanze izibilini zalo namanqina alo ngamanzi, umpristi anikele ngakho
konke, akushise e-altare kube ngumnikelo wokushiswa, umnikelo womlilo,
ube yiphunga elimnandi kuJehova.

14 Uma umnikelo wakhe kuJehova ungumnikelo wokushiswa kwezinyoni,
wonikela ngomnikelo wamahobhe noma ngowamaphuphu amajuba.

15Umpristi awulethe e-altare, awushumpule inhloko, awushise e-altare, igazi
lawo likhanyelwe ngasohlangothini lwe-altare,

16asuse ingila nezimpaphe, akulahle ngaseceleni kwe-altare
ngasempumalanga endaweni yomlotha,

17awuqaqe ngamaphiko awo, angawudabuli kodwa; umpristi awushise e-
altare phezu kwezinkuni ezisemlilweni, ube ngumnikelo wokushiswa,
umnikelo womlilo, ube yiphunga elimnandi kuJehova.

## ULevitikusi 2

### Umthetho weminikelo yempuphu

1 Nxa umuntu enikela ngomnikelo wempuphu kuJehova, umnikelo woba
yimpuphu ecolekileyo, athele amafutha kuwo, abeke inhlaka kuwo,

2awulethe kumadodana ka-Aroni, abapristi, acaphune kuwo ngokhweshe
wempuphu ecolekileyo yawo nowamafutha awo, kanye nayo yonke inhlaka
yawo, umpristi awushise ube yisikhumbuzo sawo e-altare, umnikelo womlilo,
ube yiphunga elimnandi kuJehova;

3okuseleyo komnikelo wempuphu kuyakuba ngokuka-Aroni nokwamadodana
akhe; kungcwelengcwele eminikelweni yomlilo kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Nxa uletha umnikelo wempuphu ephekwe eziko, woba ngamaqebelengwane angenamvubelo empuphu ecolekileyo exovwe namafutha, noma imiqathane engenamvubelo, egcotshwe ngamafutha.

5Uma umnikelo wakho ungumnikelo wempuphu ephekwe ngomqengele, woba ngowempuphu ecolekileyo engenamvubelo, exovwe ngamafutha.

6Uwuhlephule izingcezu, uthele amafutha kuzo; kungumnikelo wempuphu.

7Uma umnikelo wakho ungumnikelo wempuphu ephekwe ngokhamba, uyakwenziwa ngempuphu ecolekileyo kanye namafutha.

8Woletha kuJehova umnikelo wempuphu owenziwe ngalezo zinto, unikelwe kumpristi, yena awuyise e-altare.

9Umpristi makathabathe okuyisikhumbuzo kuwo umnikelo wempuphu, akushise e-altare kube ngumnikelo womlilo, kube yiphunga elimnandi kuJehova.

10Okuseleyo komnikelo wempuphu kuyakuba ngokuka-Aroni nokwamadodana akhe; kungcwelengcwele eminikelweni yomlilo kaJehova.

11 Awuyikwenziwa ngemvubelo umnikelo wempuphu eninikela ngawo kuJehova, ngokuba aniyikushisa imvubelo nazinyosi kube ngumnikelo womlilo kuJehova.

12 Anonikela ngakho kube ngumnikelo wolibo; kungenyukeli e-altare nokho, kube yiphunga elimnandi.

13 Yonke iminikelo yakho yempuphu iyoliswe ngosawoti; ungavumeli ukuba usawoti wesivumelwano sikaNkulunkulu wakho asilale emnikelweni wakho wempuphu; wonikela ngayo yonke iminikelo yakho inosawoti.

14 Uma unikela ngomnikelo wempuphu wolibo kuJehova, wonikela ngezikhwebu zamabele ezosiwe ngomlilo, amabele agquliweyo ezikhwebu ezintsha, ube ngumnikelo wempuphu wolibo lwakho,

15uthele amafutha kuwo, ubeke inhlaka phezu kwawo; kungumnikelo wempuphu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[16]Umpristi ashise okuyisikhumbuzo sawo, inxenye yamabele agquliweyo awo nenxenye yamafutha awo kanye nayo yonke inhlaka yawo; kungumnikelo womlilo kuJehova.

## ULevitikusi 3

### Umthetho weminikelo yokuthula

[1] Uma umnikelo wakhe ungumhlatshelo weminikelo yokuthula, enikela ngowemihlambi, noma iduna noma insikazi, wonikela ngawo phambi kukaJehova ungenasici.

[2]Uyakubeka isandla sakhe enhloko yomnikelo wakhe, awuhlabe ngasemnyango wetende lokuhlangana, amadodana ka-Aroni, abapristi, afafaze i-altare nxazonke ngegazi.

[3]Wothabatha kuwo umhlatshelo weminikelo yokuthula, anikele ngomnikelo womlilo kuJehova, umhlehlo osibekela izibilini nawo onke amanoni aphezu kwezibilini,

[4]nezinso zombili namanoni akuzo angasezinkalweni, namanoni aphezu kwesibindi, ewasusa ngasezinsweni.

[5] Amadodana ka-Aroni ayakukushisa e-altare phezu komnikelo wokushiswa ophezu kwezinkuni ezisemlilweni, kube ngumnikelo womlilo, kube yiphunga elimnandi kuJehova.

[6] Uma umnikelo wakhe nomhlatshelo weminikelo yokuthula kuJehova ungowezimvu, noma iduna noma insikazi, wonikela ngawo ungenasici.

[7]Uma enikela ngemvu, ibe ngumnikelo wakhe, wonikela ngayo phambi kukaJehova,

[8]abeke isandla sakhe enhloko yomnikelo wakhe, awuhlabe ngaphambi kwetende lokuhlangana, amadodana ka-Aroni afafaze i-altare nxazonke ngegazi lawo.

[9]Wothabatha kuwo umhlatshelo weminikelo yokuthula, anikele ngomnikelo womlilo kuJehova amanoni awo, nomsila wonke ononileyo, awunqume

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

eduze nomhlandla, namanoni asibekela izibilini, nawo onke amanoni aphezu kwezibilini,

10nezinso zombili namanoni akuzo angasezinkalweni, namanoni aphezu kwesibindi, ewasusa ngasezinsweni.

11Umpristi uyakukushisa e-altare; kungukudla komnikelo womlilo kuJehova.

12 Uma umnikelo wakhe uyimbuzi, wonikela ngayo phambi kukaJehova,

13abeke isandla sakhe enhloko yayo, ayihlabe ngaphambi kwetende lokuhlangana, amadodana ka-Aroni afafaze i-altare nxazonke ngegazi layo.

14Abesethabatha kuyo, anikele ngomnikelo wakhe ube ngumnikelo womlilo kuJehova, amanoni asibekela izibilini nawo onke amanoni aphezu kwezibilini,

15nezinso zombili namanoni akuzo angasezinkalweni, namanoni aphezu kwesibindi, ewasusa ngasezinsweni.

16Umpristi uyakukushisa e-altare; kungukudla komnikelo womlilo, kube yiphunga elimnandi; onke amanoni angakaJehova.

17 Kuyakuba yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu ezindlini zenu zonke zokuba ningadli amanoni nagazi.

## ULevitikusi 4

### Umthetho weminikelo yesono

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Uma umuntu ona kungengamabomu kuyo imiyalo uJehova ayale ngayo ukuthi akunakwenziwa akwenze noma yikuphi,

3uma kungumpristi ogcotshiweyo owone kanjalo, aze ehlisele abantu icala, wonikela kuJehova ngesono sakhe one ngaso iduna elingenasici, kube ngumnikelo wesono,

4ayiyise inkunzi ebusweni bukaJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana, abeke isandla sakhe enhloko yenkunzi, ayihlabe inkunzi phambi kukaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Umpristi ogcotshiweyo wothabatha igazi lenkunzi, alilethe ngasemnyango wetende lokuhlangana,

6umpristi agcobhoze umunwe wakhe egazini, afafaze ngegazi kasikhombisa phambi kukaJehova, ngaphambi kwesihenqo sendlu engcwele.

7Umpristi abhece igazi ezimpondweni ze-altare lempepho ethaphukayo phambi kukaJehova elisetendeni lokuhlangana; lonke elinye igazi lenkunzi wolithulula ngasesinqeni se-altare lomnikelo wokushiswa elingasemnyango wetende lokuhlangana.

8Uyakuthabatha onke amanoni enkunzi yomnikelo wesono, amanoni asibekela izibilini nawo onke amanoni aphezu kwezibilini,

9nezinso zombili namanoni akuzo angasezinkalweni, namanoni aphezu kwesibindi, ewasusa ngasezinsweni,

10njengalokho kwasuswa kuyo inkunzi yomhlatshelo weminikelo yokuthula, umpristi akushise e-altare lomnikelo wokushiswa.

11Isikhumba senkunzi, nayo yonke inyama yayo, nenhloko yayo, namanqina ayo, nezibilini zayo, nomswani wayo,

12 yebo, yonke inkunzi uyakuyikhiphela ngaphandle kwekamu, ayiyise endaweni ehlambulukileyo lapho uthululwa khona umlotha.

13 Uma-ke yonke inhlangano yakwa-Israyeli iduka, leyo nto isitheke emehlweni ebandla, benza noma yikuphi kuyo yonke imiyalo uJehova ayale ngakho ukuthi akunakwenziwa, baze babe necala,

14lapho isono abone ngaso sesaziwe, ibandla liyakunikela ngeduna libe ngumnikelo wesono, lililethe phambi kwetende lokuhlangana.

15Amalunga enhlangano ayakubeka izandla zawo enhloko yenkunzi phambi kukaJehova, inkunzi ihlatshwe phambi kukaJehova.

16Umpristi ogcotshiweyo alethe igazi lenkunzi etendeni lokuhlangana.

17Umpristi uyakugcobhoza umunwe wakhe egazini, afafaze ngalo kasikhombisa phambi kukaJehova phambi kwesihenqo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Uyakulibheca igazi ezimpondweni ze-altare eliphambi kukaJehova, elisetendeni lokuhlangana, athulule lonke elinye igazi ngasesinqeni se-altare lomnikelo wokushiswa elingasemnyango wetende lokuhlangana.

19 Abesethabatha kuyo onke amanoni, awashise e-altare.

20 Makenze njalo ngenkunzi; njengalokho wenza ngenkunzi yomnikelo wesono, makenze njalo nangalena. Umpristi abenzele ukubuyisana, baze bathethelelwe.

21 Uyakuyikhiphela inkunzi ngaphandle kwekamu, ayishise, njengalokho wayishisa inkunzi yokuqala: lokhu kungumnikelo wesono webandla.

22 Nxa kona induna, yenza kungengamabomu noma yikuphi kuyo yonke imiyalo uJehova uNkulunkulu wayo ayale ngakho ukuthi akunakwenziwa, ize ibe necala,

23 uma-ke yaziswa isono sayo eyone ngaso, iyakuletha umnikelo wayo ube yimbuzi, eyeduna elingenasici.

24 Iyakubeka isandla sayo enhloko yembuzi, iyihlabele endaweni lapho behlabela khona iminikelo yokushiswa phambi kukaJehova; kungumnikelo wesono.

25 Umpristi wothabatha igazi lomnikelo wesono ngomunwe wakhe, alibhece ezimpondweni ze-altare lomnikelo wokushiswa, igazi lawo alithulule ngasesinqeni se-altare lomnikelo wokushiswa.

26 Onke amanoni awo uyakuwashisa e-altare njengamanoni omhlatshelo weminikelo yokuthula, umpristi ayenzele ukubuyisana ngesono sayo, ize ithethelelwe.

27 Uma kona umuntukazana, enza kungengamabomu noma yikuphi kuyo imiyalo uJehova ayale ngakho ukuthi akunakwenziwa, aze abe necala,

28 uma aziswa isono sakhe one ngaso, woletha umnikelo wakhe wembuzi, insikazi engenasici, ngesono sakhe one ngaso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29 Uyakubeka isandla sakhe enhloko yomnikelo wesono, awuhlabe umnikelo wesono endaweni yomnikelo wokushiswa.

30 Umpristi wothabatha igazi lawo ngomunwe wakhe, alibhece ezimpondweni ze-altare lomnikelo wokushiswa, lonke elinye igazi lawo alithulule ngasesinqeni se-altare.

31 Onke amanoni awo uyakuwasusa, njengalokhu amanoni esuswa emhlatshelweni weminikelo yokuthula, umpristi awashise e-altare abe yiphunga elimnandi kuJehova, umpristi amenzele ukubuyisana, aze athethelelwe.

32 Uma eletha iwundlu libe ngumnikelo wakhe wesono, woletha insikazi engenasici.

33 Uyakubeka isandla sakhe enhloko yomnikelo wesono, awuhlabe, ube ngumnikelo wesono endaweni lapho behlabela khona umnikelo wokushiswa.

34 Umpristi wothabatha igazi lomnikelo wesono ngomunwe wakhe, alibhece ezimpondweni ze-altare lomnikelo wokushiswa, lonke elinye igazi lawo alithulule ngasesinqeni se-altare.

35 Onke amanoni awo uyakuwasusa, njengalokhu amanoni emvu esuswa emhlatshelweni weminikelo yokuthula, umpristi awashise e-altare phezu kweminikelo yomlilo kaJehova, umpristi amenzele ukubuyisana ngesono sakhe one ngaso, aze athethelelwe.

## ULevitikusi 5

### Umthetho weminikelo yesono

1 Uma umuntu ona lapho ezwa izwi lesifungo, engufakazi wokuthile, noma ekubonile noma ekwazi, engakusho nokho, khona wothwala ububi bakhe;

2 noma umuntu ethinta into engcolileyo, noma isidumbu sesilo esingcolileyo, noma isidumbu senkomo engcolileyo, noma isidumbu sesilwanyana esikhasayo esingcolileyo, kumsithele, engcolile nokho, woba necala.

3 Noma ethinta ukungcola komuntu, nakuba yikuphi ukungcola kwakhe angcole ngakho, kumsithele, lapho esekwazi woba necala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

4 Noma umuntu efunga ngamawala ngomlomo wakhe ukwenza okubi nokuba ukwenza okuhle, noma yikuphi umuntu angaphahluka ngakho ngesifungo, kumsithele, lapho esekwazi woba necala kokunye kwalokho.

5 Kuyakuthi lapho enecala kokunye kwalokho, avume lokho one ngakho,

6uyakuletha umnikelo wecala lakhe kuJehova ngesono sakhe one ngaso, insikazi yasezimvini, imvu noma imbuzi, kube ngumnikelo wesono, umpristi amenzele ukubuyisana ngesono sakhe.

7 Uma amandla akhe enganeli imvu, makalethe kuJehova ngesono one ngaso amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba, elinye libe ngumnikelo wesono, elinye libe ngumnikelo wokushiswa,

8 awalethe kumpristi oyakunikela ngelomnikelo wesono kuqala, alishumpule inhloko entanyeni, angalidabuli kodwa,

9afafaze uhlangothi lwe-altare ngegazi lomnikelo wesono, igazi eliseleyo likhanyelwe ngasesinqeni se-altare; kungumnikelo wesono.

10Uyakulungisa elesibili libe ngumnikelo wokushiswa njengokwesimiso, umpristi amenzele ukubuyisana ngesono sakhe one ngaso, aze athethelelwe.

11 Kepha uma amandla akhe enganeli amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba, makalethe umnikelo wakhe ngalokho one ngakho, okweshumi kwe-efa lempuphu ecolekileyo, ube ngumnikelo wesono, angatheli mafutha phezu kwawo, angabeki nhlaka phezu kwawo, ngokuba kungumnikelo wesono,

12awulethe kumpristi, umpristi acaphune kuwo ngokhweshe, kube yisikhumbuzo sawo, akushise e-altare phezu kweminikelo yomlilo kaJehova; kungumnikelo wesono.

13Umpristi uyakumenzela ukubuyisana ngesono sakhe one ngaso, nakuyiphi yalezi zinto, aze athethelelwe; okuseleyo kube ngokompristi njengomnikelo wempuphu.

**Umthetho weminikelo yecala**

14UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Uma umuntu esenza isiphambeko, one kungengamabomu ezintweni
ezingcwele zikaJehova, woletha kuJehova umnikelo wakhe wecala, inqama
yasemhlambini engenasici njengokulinganisa kwakho namashekeli esiliva
ngokweshekeli lendlu engcwele, ibe ngumnikelo wecala,

16akhokhele lokho one ngakho entweni engcwele, athasisele kukho
okwesihlanu, akunike umpristi, umpristi amenzele ukubuyisana ngenqama
yomnikelo wecala, aze athethelelwe.

17 Uma umuntu ona, enza noma yikuphi kuyo imiyalo uJehova ayale ngakho
ukuthi akunakwenziwa, noma ebengakwazi, unecala nokho, futhi wothwala
ububi bakhe.

18Woletha kumpristi inqama engenasici yasemhlambini njengokulinganisa
kwakho, ibe ngumnikelo wecala, umpristi amenzele ukubuyisana
ngesiphosiso aphosise ngaso engazi, aze athethelelwe.

19Kungumnikelo wecala; nempela unecala phambi kukaJehova.

## ULevitikusi 6

### Izithasiselo zemithetho yeminikelo yokushiswa, neyeminikelo yempuphu, neyeminikelo yesono

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Uma umuntu ona, enze isiphambeko kuJehova, akhohlise umakhelwane
wakhe ngento ebekiweyo, noma isibambiso noma into ephangiweyo, noma
ecindezela umakhelwane wakhe,

3noma, lapho ethola into elahlekileyo, eyiphika, afunge amanga, noma
yikuphi kukho konke lokhu umuntu akwenzayo one ngakho,

4khona kuyakuthi, uma onile aze abe necala, uyakukubuyisa lokho
okuphangiweyo, noma lokho akudlileyo, noma lokho okwakubekwe kuye,
noma lokho okwakulahlekile akutholayo,

5 noma yikuphi afungile amanga ngakho; makakubuyise, athasisele
okwesihlanu kukho, amnike lowo okungokwakhe ngosuku lomnikelo wakhe
wecala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Woletha umnikelo wakhe wecala kuJehova, inqama engenasici
yasemhlambini ngokulinganisa kwakho, ibe ngumnikelo wecala, iyiswe
kumpristi,

7umpristi amenzele ukubuyisana phambi kukaJehova, aze athethelelwe konke
angahle abe ekwenzile anecala ngakho.

8UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

9 Yala u-Aroni namadodana akhe, uthi: Nanku umthetho weminikelo
yokushiswa: umnikelo wokushiswa uyakuhlala eziko le-altare ubusuku bonke
kuze kuse, umlilo we-altare uhlale kulo uvutha njalo.

10Umpristi uyakwembatha isambatho selineni, afake nebhulukwe lakhe
lelineni emzimbeni wakhe, asuse umlotha womlilo oshise umnikelo
wokushiswa e-altare, awuthele ngaseceleni kwe-altare.

11Abesekhumula izambatho zakhe, embathe ezinye izambatho, akhiphele
umlotha ngaphandle kwekamu endaweni ehlambulukileyo.

12Umlilo ophezu kwe-altare uyakuhlala kulo uvutha njalo, ungacimi; umpristi
uyakubasa izinkuni kulo ekuseni njalo, ahlele kulo umnikelo wokushiswa,
ashise kulo amanoni eminikelo yokuthula.

13Umlilo wohlala e-altare uvutha njalo, ungacimi.

14 Nanku umthetho weminikelo yempuphu: amadodana ka-Aroni
ayakunikela ngawo phambi kukaJehova ngaphambi kwe-altare.

15Makucashunwe kuwo ngokhweshe impuphu ecolekileyo yomnikelo
wempuphu namafutha awo, nayo yonke inhlaka ephezu komnikelo
wempuphu, akushise e-altare kube yisikhumbuzo sawo, kube yiphunga
elimnandi kuJehova.

16Okuseleyo kuwo kuyakudliwa ngu-Aroni namadodana akhe, kudliwe
ngaphandle kwemvubelo endaweni engcwele, bakudlele egcekeni letende
lokuhlangana.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Akuyikuphekwa ngemvubelo. Ngikunike kube yisabelo sabo seminikelo
yami yomlilo; kungcwelengcwele njengomnikelo wesono nanjengomnikelo
wecala.

18 Bonke abesilisa phakathi kwabantwana baka-Aroni bayakukudla kube
yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu seminikelo yomlilo kaJehova;
konke okukuthintayo kuyakuba ngcwele.

19 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

20 Nanku umnikelo ka-Aroni nowamadodana akhe abayakunikela ngawo
kuJehova mhla begcotshwa: okweshumi kwe-efa lempuphu ecolekileyo kube
ngumnikelo wempuphu njalonjalo, inxenye yakho ekuseni nenxenye yakho
kusihlwa.

21 Uyakwenziwa emqengeleni ngamafutha; usuxutshanisiwe wowungenisa,
unikele ngomnikelo wempuphu, ube yizingcezu ezihleshuliweyo, zibe
yiphunga elimnandi kuJehova.

22 Umpristi ogcotshiweyo esikhundleni sakhe phakathi kwamadodana akhe
wonikela ngawo, kube yisimiso esiphakade; woshiswa wonke.

23 Yonke iminikelo yempuphu yompristi yoshiswa yonke, ingadliwa.

24 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

25 Yisho ku-Aroni nakumadodana akhe, uthi: Nanku umthetho weminikelo
yesono; endaweni ohlatshelwe kuyo umnikelo wokushiswa, mawuhlatshelwe
khona umnikelo wesono phambi kukaJehova; ungcwelengcwele.

26 Umpristi onikela ngawo ngesono wowudla, udliwe endaweni engcwele
egcekeni letende lokuhlangana.

27 Konke okuyakuthinta inyama yawo kuyakuba ngcwele; nxa ingubo ifafazwa
ngegazi lawo, lapho kufafazwe khona uyakukugeza endaweni engcwele.

28 Kepha isitsha sebumba okuphekelwe kuso masaphulwe, kodwa uma
kuphekelwa esitsheni sethusi, siyakuphucuzwa, sihashazwe ngamanzi.

29 Bonke abesilisa phakathi kwabapristi bayakuwudla; ungcwelengcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

30 Kepha makungadliwa mnikelo wesono okwangeniswa igazi lawo etendeni lokuhlangana ukuba kwenziwe ukubuyisana endaweni engcwele; woshiswa ngomlilo.

## ULevitikusi 7

### Izithasiselo zemithetho yeminikelo yecala neyeminikelo yokuthula

1 Nanku umthetho weminikelo yecala; ingcwelengcwele.

2Endaweni abahlabela kuyo umnikelo wokushiswa, bayakuwuhlabela khona umnikelo wecala, kufafazwe i-altare nxazonke ngegazi lawo.

3Uyakunikela ngawo onke amanoni awo, umsila ononileyo namanoni asibekela izibilini,

4nezinso zombili namanoni akuzo angasezinkalweni, namanoni aphezu kwesibindi, ewasusa ngasezinsweni,

5umprisiti akushise e-altare kube ngumnikelo womlilo kuJehova; kungumnikelo wecala.

6Bonke abesilisa phakathi kwabapristi bayakuwudla, udliwe endaweni engcwele; ungcwelengcwele.

7 Umnikelo wecala unjengomnikelo wesono; umthetho wawo munye; umpristi owenza ukubuyisana ngawo woba ngowakhe.

8Umpristi onikela ngomnikelo wokushiswa womuntu, isikhumba somnikelo wokushiswa anikele ngawo siyakuba ngesompristi.

9Yonke iminikelo yempuphu ephekwe eziko, nayo yonke elungiselwa okhambeni nasemqengeleni, iyakuba ngeyalo mpristi anikele ngayo.

10Yonke iminikelo yempuphu exovwe namafutha neyomileyo iyakuba ngeyamadodana onke ka-Aroni, enye ithole njengenye.

11 Nanku umthetho womhlatshelo weminikelo yokuthula okuyakunikelwa ngayo kuJehova.

12 Uma enikela ngawo ube ngumnikelo wokubonga, uyakunikela kanye nomhlatshelo wokubonga ngamaqebelengwane angenamvubelo exovwe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

namafutha, nemiqathane engenamvubelo, egcotshwe ngamafutha,
namaqebelengwane empuphu ecolekileyo axovwe namafutha.

13Kanye namaqebelengwane esinkwa esivutshelweyo uyakunikela ngalo
mnikelo kanye nomhlatshelo weminikelo yakhe yokuthula, ube
ngowokubonga.

14Athabathe kuwo libe linye njalo eminikelweni yakhe, libe ngumnikelo
ophakanyiswayo kuJehova, libe ngelompristi ofafaza ngegazi leminikelo
yokuthula.

15Inyama yomhlatshelo weminikelo yakhe yokuthula ongowokubonga
iyakudliwa ngosuku lokunikela kwakhe, angashiyi lutho lwayo kuze kuse.

16 Kepha uma umhlatshelo womnikelo wakhe ungowesithembiso noma
ungowesihle, uyakudliwa ngalolo suku anikela ngalo ngomhlatshelo wakhe;
nangakusasa okuseleyo kuwo kuyakudliwa;

17kepha okusele enyameni yomhlatshelo ngosuku lwesithathu kuyakushiswa
ngomlilo.

18Uma inyama yomhlatshelo weminikelo yakhe yokuthula idliwa ngosuku
lwesithathu, ayiyikwamukeleka, ingabalelwa kuye owanikela ngayo;
iyakunengeka, nomuntu oyidlayo uyakuthwala ububi bakhe.

19 Inyama ethinta into engcolileyo ayinakudliwa, kepha iyakushiswa
ngomlilo; nokho le nyama-ke bonke abahlambulukileyo bangayidla.

20Kodwa umuntu oyidla inyama yomhlatshelo weminikelo yokuthula
engekaJehova esenakho ukungcola kwakhe, lowo muntu uyakunqunywa
kubantu bakubo.

21 Nanxa umuntu ethinta into engcolileyo, ukungcola komuntu noma isilwane
esingcolileyo noma into engcolileyo enengekayo, adle inyama yomhlatshelo
weminikelo yokuthula engekaJehova, lowo muntu uyakunqunywa kubantu
bakubo.

22Jehova wakhuluma kuMose, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Aniyikudla manoni enkomo,
nawemvu, nawembuzi.

24Amanoni engcuba namanoni okudweshuliweyo angasebenza yonke eminye
imisebenzi; kepha ningawadli nempela.

25Ngokuba yilowo nalowo odla amanoni enkomo okunikelwa ngayo ibe
ngumnikelo womlilo kuJehova, lowo muntu owadlayo uyakunqunywa
kubantu bakubo.

26 Ningadli naliphi igazi, noma ngelenyoni noma ngelenkomo, nakuyiphi
yezindlu zenu.

27Yilowo nalowo odla igazi lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo.

28UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

29 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Onikela ngomhlatshelo weminikelo
yakhe yokuthula kuJehova uyakuletha umnikelo wakhe kuJehova
emhlatshelweni weminikelo yakhe yokuthula;

30izandla zakhe uqobo zilethe iminikelo yomlilo kaJehova, alethe amanoni
kanye nesifuba ukuba isifuba sizuliswe, sibe ngumnikelo wokuzuliswa
phambi kukaJehova.

31Umpristi makashise amanoni e-altare, kepha isifuba sibe ngesika-Aroni
nesamadodana akhe.

32Anonika umpristi umlenze wokunene, ube ngumnikelo wokuphakanyiswa
emihlatshelweni yeminikelo yenu yokuthula.

33Lowo phakathi kwamadodana ka-Aroni onikela ngegazi leminikelo
yokuthula nangamanoni koba ngowakhe umlenze wokunene, ube yisabelo
sakhe.

34Ngokuba isifuba sokuzuliswa nomlenze wokuphakanyiswa ngikuthabathe
kwabakwa-Israyeli emihlatshelweni yeminikelo yabo yokuthula, ngakunika u-
Aroni umpristi namadodana akhe, kube yisimiso esiphakade kwabakwa-
Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35Leso siyisabelo sika-Aroni nesabelo samadodana akhe seminikelo yomlilo kaJehova mhla ebaletha ukuba bamkhonze uJehova esikhundleni sobupristi,

36ayala ngakho uJehova ukuba bakuphiwe ngabantwana bakwa-Israyeli mhla ebagcoba, kube yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zabo.

37Lowo ungumthetho weminikelo yokushiswa, noweminikelo yempuphu, noweminikelo yesono, noweminikelo yecala, nowokwahlukaniselwa, nowomhlatshelo weminikelo yokuthula,

38uJehova amyala ngawo uMose entabeni yaseSinayi mhla eyala abakwa-Israyeli ukuba banikele ngeminikelo yabo kuJehova ehlane laseSinayi.

## ULevitikusi 8

### Ukugcotshwa kwabapristi

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Thabatha u-Aroni namadodana akhe kanye naye, nezambatho, namafutha okugcoba, nenkunzi yomnikelo wesono, nezinqama zombili, neqoma lezinkwa ezingenamvubelo,

3ubuthele inhlangano yonke ngasemnyango wetende lokuhlangana.

4UMose wenza njengalokho uJehova emyalile; inhlangano yabuthelwa ngasemnyango wetende lokuhlangana.

5UMose wayesethi kuyo inhlangano: Nansi into uJehova ayale ngayo ukuba yenziwe.

6UMose waletha u-Aroni namadodana akhe, wabageza ngamanzi.

7 Wamfaka ibhantshi, wambhincisa ibhande, wamembathisa ijazi; wamfaka ingubo yamahlombe, wambhincisa ibhande elifekethisiweyo lengubo yamahlombe, wayibophela kuye ngalo.

8Wamfaka isihlangu sesifuba, nasesihlangwini sesifuba wabeka i-Urimi neThumimi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Wafaka isigqoko ekhanda lakhe, nasesigqokweni ngaphambili wafaka ungcwecwe wegolide, umqhele ongcwele, njengalokho uJehova emyalile uMose.

10 UMose wathatha amafutha okugcoba, waligcoba itabernakele nakho konke okuphakathi kwalo, wakungcwelisa.

11 Wafafaza ngawo i-altare kasikhombisa, waligcoba i-altare kanye nezitsha zonke zalo, nomcengezi nesinqe sawo, ukuba kungcweliswe.

12 Wathela amafutha okugcoba ekhanda lika-Aroni, wamgcoba ukuba angcweliswe.

13 UMose wayeseletha amadodana ka-Aroni, wawembathisa amabhantshi, wawabhincisa amabhande, wawafaka izigqoko, njengalokho uJehova emyalile uMose.

14 Waletha nenkunzi yomnikelo wesono; u-Aroni namadodana akhe babeka izandla zabo enhloko yenkunzi yomnikelo wesono.

15 Wayeseyihlaba; uMose wathatha igazi, walibheca ezimpondweni ze-altare nxazonke ngomunwe wakhe, waliphothula i-altare, walithulula igazi ngasesinqeni se-altare, walingcwelisa ukuba alenzele ukubuyisana.

16 Wathatha onke amanoni aphezu kwezibilini, namanoni aphezu kwesibindi, nezinso zombili namanoni azo, uMose wakushisa e-altare.

17 Kepha inkunzi nesikhumba sayo, nenyama yayo, nomswani wayo, wakushisa ngomlilo ngaphandle kwekamu, njengalokho uJehova emyalile uMose.

18 Wayeseletha inqama yomnikelo wokushiswa; u-Aroni namadodana akhe babeka izandla zabo enhloko yenqama.

19 Wayihlaba, uMose wafafaza i-altare ngegazi nxazonke.

20 Wayeseyihlahlela inyama izitho; uMose washisa inhloko nezitho namanoni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Wahlanza izibilini namanqina ngamanzi; uMose washisa yonke inqama e-altare; yayingumnikelo wokushiswa, waba yiphunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova, njengalokho uJehova emyalile uMose.

22 Waletha nenye inqama, inqama yokwahlukaniselwa; u-Aroni namadodana akhe babeka izandla zabo enhloko yenqama.

23Wayihlaba; uMose wathatha igazi layo, walibheca esicutshini sendlebe yokunene ka-Aroni, nasesithupheni sesandla sakhe sokunene, nakuqukula wonyawo lwakhe lokunene.

24Wayeseletha amadodana ka-Aroni, uMose walibheca igazi esicutshini sendlebe yabo yokunene, nasesithupheni sesandla sabo sokunene, nakuqukula wonyawo lwabo lokunene; uMose wafafaza i-altare ngegazi nxazonke.

25Wawathatha amanoni, nomsila ononileyo, nawo onke amanoni aphezu kwezibilini, namanoni aphezu kwesibindi, nezinso zombili namanoni azo, nomlenze wokunene,

26naseqomeni lezinkwa ezingenamvubelo elalisebusweni bukaJehova wathatha iqebelengwane laba linye elingenamvubelo, neqebelengwane laba linye lesinkwa samafutha, nomqathane munye, wakubeka phezu kwamanoni naphezu komlenze wokunene,

27wakubeka konke ezandleni zika-Aroni, nasezandleni zamadodana akhe, wakuzulisa kwaba ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova.

28UMose wayesekuthatha ezandleni zabo, wakushisa e-altare emnikelweni wokushiswa; kwakungokokwahlukaniselwa, kwaba yiphunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.

29UMose wathatha isifuba, wasizulisa saba ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova; sasiyisabelo sikaMose sasenqameni yokwahlukaniselwa, njengalokho uJehova emyalile uMose.

30 UMose wayesethatha amafutha okugcoba, negazi elalise-altare, wafafaza ngalo u-Aroni nezambatho zakhe, namadodana akhe kanye naye, nezambatho

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

zamadodana akhe, wangcwelisa u-Aroni nezambatho zakhe, namadodana akhe kanye naye, nezambatho zamadodana akhe.

31Wathi uMose ku-Aroni nakumadodana akhe: Phekani inyama ngasemnyango wetende lokuhlangana, niyidle kanye nesinkwa esiseqomeni lokwahlukaniselwa, njengalokho ngayala ngathi: U-Aroni namadodana akhe bayakukudla.

32Okuseleyo kwenyama nokwesinkwa anokushisa ngomlilo.

33Ningaphumi emnyango wetende lokuhlangana izinsuku eziyisikhombisa, kungakapheli izinsuku zokwahlukaniselwa kwenu, ngokuba uyakunahlukanisela izinsuku eziyisikhombisa.

34UJehova uyalile ukuba kwenziwe njengalokho kwenziwe namuhla, ukuze nenzelwe ukubuyisana.

35Ngasemnyango wetende lokuhlangana niyakuhlala imini nobusuku izinsuku eziyisikhombisa, nisigcine isiyalezo sikaJehova, ukuze ningafi, ngokuba ngiyaliwe kanjalo.

36U-Aroni namadodana akhe benza konke uJehova ayale ngakho ngesandla sikaMose.

## ULevitikusi 9

### Umnikelo wokuqala ka-Aroni

1Kwathi ngosuku lwesishiyagalombili uMose wabiza u-Aroni namadodana akhe namalunga akwa-Israyeli,

2wathi ku-Aroni: Mawuzithathele ithole lenkunzi, libe ngumnikelo wesono, nenqama ibe ngumnikelo wokushiswa, okungenasici, unikele ngakho phambi kukaJehova.

3Khuluma kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Thathani impongo, ibe ngumnikelo wesono, nethole newundlu, omabili abe nomnyaka munye, angenasici, abe ngumnikelo wokushiswa,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 nenkunzi nenqama zibe yiminikelo yokuthula, zihlatshwe phambi kukaJehova, nomnikelo wempuphu oxovwe namafutha, ngokuba namuhla uJehova uyabonakala kini.

5 Baletha-ke lokho uMose akuyalayo phambi kwetende lokuhlangana, nenhlangano yonke yasondela, yema phambi kukaJehova.

6 Wayesethi uMose: Nansi into uJehova ayala ngayo ukuba niyenze, kuze kubonakale kini inkazimulo kaJehova.

7 UMose wathi ku-Aroni: Sondela e-altare, unikele ngomnikelo wakho wesono nangomnikelo wakho wokushiswa, uzenzele wena nabantu ukubuyisana, andukuba unikele ngomnikelo wabantu, ubenzele ukubuyisana, njengalokho uJehova eyalile.

8 U-Aroni wayesesondela e-altare, walihlaba ithole lomnikelo wesono ongowakhe.

9 Amadodana ka-Aroni aletha igazi kuye; wagcobhoza umunwe egazini, walibheca ezimpondweni ze-altare, wathulula elinye igazi ngasesinqeni se-altare;

10 kepha amanoni nezinso namanoni aphezu kwesibindi emnikelweni wesono wakushisa e-altare, njengalokho uJehova emyalile uMose.

11 Inyama nesikhumba wakushisa ngomlilo ngaphandle kwekamu.

12 Wawuhlaba umnikelo wokushiswa; amadodana ka-Aroni aletha kuye igazi, wafafaza ngalo i-altare nxazonke.

13 Anikeza kuye umnikelo wokushiswa izitho ngezitho kanye nenhloko, wakushisa e-altare.

14 Wahlanza izibilini namanqina, wakushisa phezu komnikelo wokushiswa e-altare.

15 Wayeseletha umnikelo wabantu, wathatha impongo yomnikelo wesono ongowabantu, wayihlaba, wanikela ngayo ngenxa yesono njengowokuqala.

16 Waletha umnikelo wokushiswa, wanikela ngawo njengokwesimiso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Wayeseletha umnikelo wempuphu, wagcwalisa isandla sakhe ngawo, wawushisa e-altare ngaphandle komnikelo wokushiswa wasekuseni.

18Wahlaba inkunzi nenqama, zibe ngumhlatshelo weminikelo yokuthula ongowabantu; amadodana ka-Aroni aletha kuye igazi owafafaza ngalo i-altare nxazonke,

19namanoni enkunzi nawenqama, nomsila ononileyo, nalawo asibekela izibilini, nezinso, namanoni esibindi,

20abeka amanoni phezu kwezifuba; wawashisa amanoni e-altare;

21izifuba nomlenze wokunene wakuzulisa, kube ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova, njengalokho uMose eyalile.

22 U-Aroni waphakamisela izandla zakhe kubantu, wababusisa; wayesehla ekunikeleni ngomnikelo wesono nangomnikelo wokushiswa nangeminikelo yokuthula.

23OMose no-Aroni bangena etendeni lokuhlangana, babuye baphuma, bababusisa abantu; yayisibonakala inkazimulo kaJehova kubantu bonke.

24 Kwaphuma umlilo ngaphambi kukaJehova, waqeda umnikelo wokushiswa namanoni e-altare; sebekubona abantu bonke bananela, bakhothamela phansi ngobuso.

## ULevitikusi 10

### Isono nesijeziso samadodana ka-Aroni

1 ONadabi no-Abihu amadodana ka-Aroni bathatha bobabili imicengezi yabo yomlilo, bafaka umlilo kuyo, babeka impepho phezulu, banikela phambi kukaJehova ngomlilo ongafanele, angabayalanga ngawo.

2Kwaphuma umlilo ngaphambi kukaJehova, wabaqeda, bafa phambi kukaJehova.

3 UMose wayesethi ku-Aroni: Yikho uJehova akukhuluma, ethi: Kubo abaseduze nami ngiyakungcweliswa, phambi kwabantu bonke ngiyakukhazimuliswa. U-Aroni wathula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 UMose wabiza oMishayeli no-Elisafani amadodana ka-Uziyeli, uyisekazi ka-Aroni, wathi kubo: Sondelani, nibasuse abafowenu ngaphambi kwendlu engcwele, nibakhiphele ngaphandle kwekamu.

5 Base besondela, babasusa bembethe amabhantshi abo, babakhiphela ngaphandle kwekamu, njengalokho eshilo uMose.

6 UMose wayesethi ku-Aroni naku-Eleyazare naku-Itamari amadodana akhe: Ningathukululi izinwele zamakhanda enu, ningaklebhuli izambatho zenu ukuba ningafi, ingathukuthelelwa yonke inhlangano, kepha abafowenu, yonke indlu yakwa-Israyeli, mabalilele ukushisa akuphembileyo uJehova.

7 Ningaphumi emnyango wetende lokuhlangana, funa nife, ngokuba amafutha okugcoba kaJehova aphezu kwenu. Benza-ke njengezwi likaMose.

8 UJehova wakhuluma ku-Aroni, wathi:

9 Ungaphuzi wayini naluphuzo olunamandla, wena namadodana akho kanye nawe, nxa ningena etendeni lokuhlangana, ukuba ningafi; kuyakuba yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu.

10 Niyakwahlukanisa okungcwele nokungengcwele, okungcolileyo nokuhlambulukileyo,

11 nize nifundise abantwana bakwa-Israyeli zonke izimiso uJehova azikhulume kubo ngesandla sikaMose.

### Izabelo zeminikelo zabapristi

12 UMose wakhuluma ku-Aroni naku-Eleyazare naku-Itamari amadodana akhe aseleyo, wathi: Thathani umnikelo wempuphu osele eminikelweni yomlilo kaJehova, niwudle ungenamvubelo ngaseceleni kwe-altare, ngokuba ungcwelengcwele,

13 niwudle endaweni engcwele, ngokuba kuyimfanelo yakho nemfanelo yamadodana akho eminikelweni yomlilo kaJehova; ngokuba ngiyaliwe kanjalo.

14 Isifuba sokuzuliswa nomlenze wokuphakanyiswa niyakukudla endaweni ehlambulukileyo, wena namadodana akho namadodakazi akho kanye nawe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ngokuba kuphiwe kube yimfanelo yakho nemfanelo yamadodana akho emihlatshelweni yeminikelo yokuthula yabantwana bakwa-Israyeli.

15Mabalethe umlenze wokuphakanyiswa nesifuba sokuzuliswa kanye neminikelo yomlilo yamanoni ukuba bakuzulise, kube ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova, kube ngokwakho nokwamadodana akho kanye nawe, kube yimfanelo ephakade, njengalokho uJehova eyalile.

16 UMose wafunisisa impongo yomnikelo wesono; bheka, yayishisiwe; wabathukuthelela o-Eleyazare no-Itamari amadodana ka-Aroni aseleyo, wathi:

17 Anidlanga ngani umnikelo wesono endaweni yendlu engcwele, njengokuba ungcwelengcwele, futhi niphiwe wona ukuba nisuse ububi benhlangano, niyenzele ukubuyisana phambi kukaJehova, na?

18Bhekani, igazi lawo alingeniswanga phakathi endaweni engcwele; bekufanele ngempela ukuba niwudlele endaweni engcwele, njengalokho ngayala.

19U-Aroni wathi kuMose: Bheka-ke, namuhla banikele ngomnikelo wabo wesono nangomnikelo wabo wokushiswa phambi kukaJehova; nokho ngehlelwe yilokhu mina; uma bengidlile umnikelo wesono namuhla, bekuzakwamukeleka emehlweni kaJehova na?

20Esezwile lokho uMose, kwaba kuhle emehlweni akhe.

## ULevitikusi 11

### Izilwane ezihlambulukileyo nezingcolileyo

1UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi kubo:

2 Yishoni kubantwana bakwa-Israyeli, nithi: Yilokhu okuphilayo eningakudla kuzo zonke izilwane zasemhlabeni:

3zonke ezahlukanisa inselo, nezidabula inselo kabili, nezetshisayo kuzo izilwane, lezo ningazidla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Kepha lezi aniyikuzidla kwezetshisayo nakwezahlukanisa inselo: ikamela,
ngokuba liyetshisa, lingahlukanisi kodwa inselo; lingcolile kini;

5nembila, ngokuba iyetshisa, ingahlukanisi kodwa inselo; ingcolile kini;

6nonogwaja, ngokuba uyetshisa, engahlukanisi kodwa inselo; ungcolile kini;

7nengulube, ngokuba iyahlukanisa inselo, idabula inselo kabili, ingetshisi
kodwa; ingcolile kini.

8Ningadli inyama yazo, ningathinti izidumbu zazo; zingcolile kini.

9 Lezi ningazidla kuzo zonke ezisemanzini: zonke ezinamaphiko
nezingcwecwe ezisemanzini neziselwandle nezisemifuleni, lezo ningazidla.

10Kepha zonke ezingenamaphiko nazingcwecwe eziselwandle nezisemifuleni,
nazo zonke eziswebezelayo emanzini, nazo zonke izinto eziphilayo emanzini
ziyisinengiso kini.

11Zoba yisinengiso kini; ningadli inyama yazo; izidumbu zazo ziyakunengeka
kini.

12Zonke ezingenamaphiko nazingcwecwe emanzini ziyisinengiso kini.

13 Yilezi eniyakunengwa yizo ezinyonini; aziyikudliwa, ziyisinengiso: ukhozi,
nenqe, nengqungqulu,

14nonhloyile, noheshe ngezinhlobo zakhe,

15nawo onke amagwababa ngezinhlobo zawo,

16nentshe, nenkovana, nenkanu, noklebe ngezinhlobo zakhe,

17nesikhova, nomphishamanzi, nomxwagele,

18nefukezi, nevuba, nophalane,

19nonogolantethe, nonozalizingwenya ngezinhlobo zakhe, noziningweni,
nelulwane.

20 Nezilwanyana zonke ezinamaphiko, ezihamba ngezinyawo zozine,
ziyisinengiso kini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Kepha lezi ningazidla kuzo zonke izilwanyana ezinamaphiko, ezihamba ngezinyawo zozine, ezinamanqina ngaphezu kwezinyawo zazo ukuxhuma ngazo emhlabeni;

22kuzo ningadla lezi: isikhonyane ngezinhlobo zaso, namaboni ngezinhlobo zawo, namadiye ngezinhlobo zawo, nezintethe ngezinhlobo zazo.

23Kepha zonke ezinye izilwanyana ezinamaphiko nezinyawo ezine ziyisinengiso kini.

24 Niyakungcoliswa yilezi: bonke abathinta izidumbu zazo bayakuba ngabangcolile kuze kuhlwe.

25Bonke abathwala utho lwezidumbu zazo bayakuhlanza izingubo zabo, babe ngabangcolile kuze kuhlwe.

26 Zonke izilwane ezahlukanisa inselo, zingayidabuli kabili kodwa, zingetshisi, zingcolile kini; bonke abazithintayo bayakuba ngabangcolile.

27Nazo zonke ezihamba ngezidladla kuzo zonke izilwane ezihamba ngezinyawo ezine zingcolile kini; bonke abathinta izidumbu zazo bayakuba ngabangcolile kuze kuhlwe.

28Othwala izidumbu zazo makahlanze izingubo zakhe, abe ngongcolile kuze kuhlwe; zingcolile kini.

29 Lezi zingcolile kini kuzo izilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni: uchakide, nempuku, noxamu ngezinhlobo zakhe,

30nesigcilikisha, nesiquzi, nentulo, nesibankwa, nonwabu.

31Yilezo ezingcolile kini phakathi kwezilwanyana ezinwabuzelayo; bonke abazithintayo sezifile bayakuba ngabangcolile kuze kuhlwe.

32Konke esiwela phezu kwakho esinye sazo sezifile kuyakuba ngokungcolile, noma kuyinto yomuthi noma yingubo noma yisikhumba noma yisaka noma yintoni okusetshenzwa ngayo; makufakwe emanzini, kube ngokungcolile kuze kuhlwe; khona kuyakuhlanzeka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33Nezitsha zonke esiwela kuzo esinye sazo, noma yintoni ephakathi kwazo iyakuba ngengcolile, nize nizaphule.

34Konke ukudla okudliwayo okukuzo, afika kukho futhi amanzi anjalo, kuyakuba ngokungcolile, nakho konke okuphuzwayo kuzo izitsha ezinjalo kuyakuba ngokungcolile.

35Konke esiwela kukho isidumbu sazo kuyakuba ngokungcolile, noma iziko noma ikhanzi; makuphohlozwe; kungcolile, kuyakuba ngokungcolile kini.

36Kepha umthombo nomgodi lapho amanzi eqoqene khona uyakube uhlambulukile, kodwa okuthinta izidumbu zazo kuyakuba ngokungcolile.

37Uma izidumbu zazo ziwela phezu kwembewu etshalwayo ezakuhlwanyelwa, iyakuba ngehlambulukile.

38Kepha uma amanzi ethelwa embewini, izidumbu zazo ziwele phezu kwayo, ingcolile kini.

39 Uma kufa isilwane esidliwayo, othinta isidumbu saso uyakuba ngongcolile kuze kuhlwe.

40 Odla isidumbu saso makahlanze izingubo zakhe, abe ngongcolile kuze kuhlwe; nothwala isidumbu saso makahlanze izingubo zakhe, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

41 Zonke izilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni ziyisinengiso; mazingadliwa.

42Zonke ezihamba ngesisu, nazo zonke ezihamba ngezinyawo ezine noma ngeziningi, nazo zonke ezinwabuzelayo emhlabeni, ningazidli, ngokuba ziyisinengiso.

43Ningazenzi ninengeke ngezilwanyana ezinwabuzelayo, ningazingcolisi ngazo, funa ningcole ngazo.

44 Ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wenu; ngalokho zingcweliseni, nibe ngcwele, ngokuba mina ngingcwele; ningazingcolisi ngezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

45Ngokuba nginguJehova owakukhuphula ezweni laseGibithe, ngibe
nguNkulunkulu wenu; ngalokho yibani ngcwele, ngokuba ngingcwele.

46 Yilowo umthetho wezilwane nowezinyoni nowezilwane zonke
eziswebezelayo emanzini, nowezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni,

47ukuba kwahlukaniswe okungcolileyo nokuhlambulukileyo, okuphilayo
okudliwayo nokuphilayo okungadliwayo.

## ULevitikusi 12

### Ukuhlanjululwa kwababelethayo

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Uma owesifazane ekhulelwa, azale
umfana, uyakuba ngongcolile izinsuku eziyisikhombisa; njengasemihleni
yokungcola ngefindo lakhe wohlala engcolile.

3 Ngosuku lwesishiyagalombili inyama yejwabu lakhe iyakusokwa.

4Abesehlala esegazini lokuhlambuluka izinsuku ezingamashumi amathathu
nantathu, angathinti lutho olungcwele, angangeni endlini engcwele, zize
ziphelele izinsuku zokuhlambuluka kwakhe.

5Kepha uma ezala intombazana, makabe ngongcolile amasonto amabili
njengasekungcoleni ngefindo lakhe, ahlale esegazini lokuhlambuluka
izinsuku ezingamashumi ayisithupha nesithupha.

6 Nanxa seziphelile izinsuku zokuhlambuluka kwakhe ngomfana noma
ngentombazana, makalethe imvu enomnyaka munye, ibe ngumnikelo
wokushiswa, nephuphu lejuba noma ihobhe, libe ngumnikelo wesono,
akulethe ngasemnyango wetende lokuhlangana kumpristi,

7yena anikele ngakho phambi kukaJehova, amenzele ukubuyisana, aze
ahlambuluke emthonjeni wegazi lakhe. Yilowo umthetho wozalayo umfana
noma intombazana.

8 Uma amandla akhe enganeli imvu, khona uyakuthatha amahobhe amabili
noma amaphuphu amabili amajuba, elinye libe ngumnikelo wokushiswa,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

elinye libe ngumnikelo wesono, umpristi amenzele ukubuyisana, aze ahlambuluke.

## ULevitikusi 13

### Imithetho yochoko kubantu nasezingutsheni

1UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

2 Nxa kumila esikhumbeni senyama yomuntu idunguza noma utwayi noma ibala elikhanyayo, kuvele esikhumbeni senyama yakhe isifo sochoko, makalethwe ku-Aroni umpristi, noma kwenye yamadodana akhe, abapristi,

3umpristi abheke isifo esisesikhumbeni senyama; uma uboya obusebaleni buphendukile baba mhlophe, nanxa ibala libonakala lishonile kunesikhumba senyama yakhe, kuyisifo sochoko; umpristi uyakumbheka, asho athi ungcolile.

4Uma ibala elikhanyayo limhlophe esikhumbeni senyama yakhe, lingabonakali lishonile kunesikhumba, noboya balo bungaphendukile baba mhlophe, khona umpristi uyakumvalela onesifo izinsuku eziyisikhombisa,

5umpristi ambheke ngosuku lwesikhombisa; uma isifo ngokubona kwakhe sisemi, ibala lingandanga esikhumbeni, bheka, khona umpristi uyakumvalela ezinye izinsuku eziyisikhombisa,

6umpristi abuye ambheke ngosuku lwesikhombisa; uma ibala lifiphele, isifo singandanga esikhumbeni, bheka, khona umpristi uyakusho athi uhlambulukile; kulutwayi; uyakuhlanza izingubo zakhe, ahlambuluke.

7Kepha uma utwayi lwanda esikhumbeni esezibonakalisile kumpristi ngokuhlambuluka kwakhe, abuye eziveze kumpristi,

8umpristi abheke; uma utwayi lwandile esikhumbeni, bheka, khona umpristi uyakusho athi ungcolile; kuluchoko.

9 Nxa isifo sochoko sikumuntu, uyakulethwa kumpristi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10umpristi abheke; bheka, uma kukhona idunguza elimhlophe esikhumbeni, liphendulile uboya baba mhlophe, nanxa kukhona inyama ebomvu edunguzeni,

11bheka, kuluchoko oludala esikhumbeni senyama yakhe; khona umpristi uyakusho athi ungcolile, angamvaleli, ngokuba ungcolile.

12 Uma uchoko luqhamuka esikhumbeni, ukuze uchoko lusibekele isikhumba sonke sonesifo, kusukela ekhanda kuze kufike ezinyaweni njengokubona kompristi,

13umpristi wobheka; uma uchoko lusibekele yonke inyama yakhe, bheka, uyakusho athi onesifo uhlambulukile; konke kuphendukile kwaba mhlophe: uhlambulukile.

14Kepha njalo uma kuvela kuye inyama ebomvu, uyakuba ngongcolile.

15Umpristi uyakubheka inyama ebomvu, asho athi ungcolile; inyama ebomvu ingcolile, iluchoko.

16Uma-ke inyama ebomvu ibuye iphenduka ibe mhlophe, makaye kumpristi,

17umpristi ambheke; uma ibala liphendukile laba mhlophe, bheka, khona umpristi uyakusho athi onesifo uhlambulukile; uhlambulukile.

18 Nxa inyama ibinethumba esikhumbeni sayo, selaphola,

19kube yidunguza elimhlophe endaweni yethumba noma ibala elikhanyayo, limhlophe libomvana, khona kuyakuboniswa umpristi,

20umpristi abheke; uma libonakala lishonile kunesikhumba, uboya balo buphendukile baba mhlophe, bheka, makasho athi ungcolile: kuyisifo sochoko, siqhamukile ethumbeni.

21Kepha uma umpristi elibheka, kungekho boya obumhlophe kulo, lingashonile kunesikhumba, kodwa lifiphele, bheka, khona umpristi uyakumvalela izinsuku eziyisikhombisa;

22uma landa nokwanda esikhumbeni, umpristi makasho athi ungcolile; kuyisifo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Kodwa uma ibala elikhanyayo limi endaweni yalo lingandi, kuyisibanda sethumba; umpristi makasho athi uhlambulukile.

24 Nxa inyama inesibazi esikhumbeni sayo, inyama ebomvu yesibazi iphenduke ibala elikhanyayo, limhlophe libomvana noma limhlophe nje,

25umpristi makalibheke; uma uboya obusebaleni elikhanyayo buphendukile baba mhlophe, libonakala lishonile kunesikhumba, bheka, kuluchoko; luqhamukile esibazini; khona umpristi uyakusho athi ungcolile; kuyisifo sochoko.

26Kepha uma umpristi elibheka, kungekho boya obumhlophe ebaleni elikhanyayo, lingashonile kunesikhumba, kodwa lifiphele, bheka, khona umpristi uyakumvalela izinsuku eziyisikhombisa,

27umpristi ambheke ngosuku lwesikhombisa; uma landile nokwanda esikhumbeni, umpristi uyakusho athi ungcolile; kuyisifo sochoko.

28Uma ibala elikhanyayo limi endaweni yalo, lingandi esikhumbeni, kodwa lifiphele, kuyidunguza lesibazi; umpristi makasho athi uhlambulukile, ngokuba kuyisibanda sesibazi.

29 Nxa owesilisa noma owesifazane enesifo ekhanda noma esilevini,

30umpristi uyakubheka ibala; uma libonakala lishonile kunesikhumba, kube kulo izinwele ezincane ezimpofu, bheka, umpristi makasho athi ungcolile: kungumuna, kuluchoko lwekhanda noma olwesilevu.

31Uma umpristi ebheka ibala lomuna, libonakala lingashonile kunesikhumba, kungekho zinwele ezimnyama kulo, bheka, khona umpristi uyakumvalela onesifo somuna izinsuku eziyisikhombisa,

32ngosuku lwesikhombisa umpristi abheke isifo; uma umuna ungandile, futhi kungekho zinwele ezimpofu kuwo, umuna ubonakala ungashonile kunesikhumba,

33bheka, uyakuziphucula, angaphuculi umuna kodwa, umpristi amvalele onomuna ezinye izinsuku eziyisikhombisa;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[34]ngosuku lwesikhombisa umpristi abheke umuna; uma umuna ungandile esikhumbeni, futhi ubonakala ungashonile kunesikhumba, bheka, umpristi makasho athi uhlambulukile; makahlanze izingubo zakhe, ahlambuluke.

[35]Kepha uma umuna wanda esikhumbeni esehlambulukile,

[36]umpristi wombheka; uma umuna wandile nokwanda esikhumbeni, bheka, umpristi makangafuni izinwele ezimpofu; ungcolile.

[37]Kodwa uma ngokubona kwakhe umuna umi, kumilile kuwo izinwele ezimnyama, umuna usupholile, uhlambulukile; umpristi makasho athi uhlambulukile.

[38] Nanxa owesilisa noma owesifazane enamabala akhanyayo esikhumbeni senyama yabo, amabala amhlophe akhanyayo,

[39]khona umpristi wobheka; uma amabala akhanyayo asesikhumbeni senyama yabo emhloshana efiphele, bheka, kuyisithembuzane esiqhamukile.

[40] Uma izinwele zomuntu zisukile ekhanda lakhe, uyimpandla; uhlambulukile.

[41]Uma izinwele zisukile ekhanda lakhe ngasebusweni, uyimpandla ebunzini; uhlambulukile.

[42]Kepha uma kukhona empandleni esekhanda noma empandleni esebunzini isifo esimhlophe sibomvana, kuluchoko oluqhamuka empandleni esekhanda lakhe noma empandleni esebunzini lakhe.

[43]Khona umpristi uyakumbheka; uma idunguza lesifo limhlophe libomvana empandleni esekhanda lakhe noma empandleni esebunzini lakhe, njengokubonakala kochoko esikhumbeni senyama,

[44]bheka, ungumuntu onochoko; ungcolile; umpristi makasho athi ungcolile; isifo sakhe sisekhanda lakhe.

[45] Onochoko esikuye isifo, maziklejulwe izingubo zakhe, zithukululwe izinwele zakhe, amboze amadevu akhe, akhale athi: Ngingcolile! Ngingcolile!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

46 Zonke izinsuku isifo sisekuye uyakuba ngongcolile; ungcolile; uyakuhlala yedwa; indawo yokuhlala kwakhe iyakuba ngaphandle kwekamu.

47 Ingubo esikuyo isifo sochoko, noma yingubo yoboya noma yingubo yelineni,

48noma sisezintanjeni eziqondileyo noma sikwezinqamulayo, ezelineni noma ezoboya bezimvu, noma sisesikhumbeni, noma sisentweni eyenziwe ngesikhumba,

49uma ibala liluhlazana noma libomvana engutsheni noma esikhumbeni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo noma entweni yesikhumba, kuyisifo sochoko, siyakuboniswa umpristi.

50Umpristi makabheke isifo, akuvalele lokho okunochoko izinsuku eziyisikhombisa,

51abheke isifo ngosuku lwesikhombisa; uma isifo sandile engutsheni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo noma esikhumbeni, nakuba isikhumba sisetshenziswa kumuphi umsebenzi, bheka, isifo siluchoko olubi.

52Woshisa ingubo, noma izintanjana eziqondileyo noma ezinqamulayo, noma eyoboya bezimbuzi noma eyelineni, noma into yesikhumba esikuyo isifo, ngokuba kuluchoko olubi; kuyakushiswa ngomlilo.

53 Uma umpristi ebheka, isifo singandile engutsheni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo noma entweni yesikhumba,

54bheka, umpristi woyala ukuba bahlanze into isifo esikuyo, ayivalele ezinye izinsuku eziyisikhombisa;

55umpristi ayibheke emva kokuhlanzwa kwesifo; bheka, uma ibala lingaphendulile umbala walo, lingandile, ingcolile; woyishisa ngomlilo; kungumcothu odlayo noma iqothukile ngaphakathi noma ngaphandle.

56Uma umpristi ebheka, ibala selifiphele lihlanziwe, bheka, makalintwengule engutsheni noma esikhumbeni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

57uma lisabonakala engutsheni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo noma entweni yesikhumba, wokushisa ngomlilo lokho isifo esikukho.

58Ingubo noma izintanjana eziqondileyo noma ezinqamulayo noma intoni yesikhumba oyakuyihlanza, uma ibala lisuka kukho, kohlanzwa ngokwesibili, kuhlambuluke.

59Lowo ungumthetho wesifo sochoko engutsheni yoboya bezimvu noma kweyelineni noma ezintanjeni eziqondileyo noma kwezinqamulayo noma entweni yesikhumba wokusho ukuthi kuhlambulukile noma kungcolile.

## ULevitikusi 14

### Ukuhlanjululwa kwabanochoko

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Lo uyakuba ngumthetho wonochoko ngosuku lokuhlanjululwa kwakhe: wolethwa kumpristi,

3umpristi aphume ekamu, umpristi abheke; uma isifo sochoko sipholile konochoko,

4 bheka, umpristi makayale ukuba oyakuhlanjululwa athathelwe izinyoni ezimbili ezihlambulukileyo nomsedari nendwangu ebomvu nehisopi,

5umpristi ayale ukuba ihlatshwe enye yezinyoni esitsheni sebumba phezu kwamanzi agobhozayo.

6Inyoni ezwayo uyakuyithatha kanye nomsedari nendwangu ebomvu nehisopi, akugcobhoze kanye nenyoni ezwayo egazini lenyoni eyahlatshwa phezu kwamanzi agobhozayo,

7amfafaze kasikhombisa oyakuhlanjululwa ochokweni lwakhe, asho athi uhlambulukile, ayiyeke inyoni ezwayo, iphumele endle.

8 Oyakuhlanjululwa makahlanze izingubo zakhe, aphucule zonke izinwele zakhe, ageze ngamanzi, ahlambuluke; emva kwalokho uyakungena ekamu, kepha ahlale ngaphandle kwetende lakhe izinsuku eziyisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[9]Kuyakuthi ngosuku lwesikhombisa aphucule zonke izinwele zekhanda lakhe nesilevu sakhe namashiya akhe, yebo, aphucule zonke izinwele zakhe, ahlanze izingubo zakhe, ageze umzimba wakhe ngamanzi, ahlambuluke.

[10] Ngosuku lwesishiyagalombili wothatha izimvu zamaduna ezimbili ezingenasici, nexhukazi elinomnyaka munye elingenasici, nokweshumi okuthathu kwempuphu ecolekileyo, kube ngumnikelo wempuphu, kuxovwe namafutha nelogi lamafutha.

[11]Umpristi ohlambululayo uyakumbeka umuntu oyakuhlanjululwa kanye nalezo zinto phambi kukaJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana;

[12]umpristi athabathe enye imvu yeduna, anikele ngayo ibe ngumnikelo wecala, nelogi lamafutha, akuzulise kube ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova;

[13] uyakuhlaba imvu yeduna endaweni lapho kuhlatshwa khona umnikelo wesono nomnikelo wokushiswa, indawo engcwele, ngokuba umnikelo wecala ungowompristi njengomnikelo wesono; ungcwelengcwele.

[14]Umpristi wothabatha igazi kuwo umnikelo wecala, umpristi alibhece esicutshini sendlebe yokunene yoyakuhlanjululwa, nasesithupheni sesandla sakhe sokunene, nakuqukula wonyawo lwakhe lokunene,

[15]umpristi athabathe kulo ilogi lamafutha, awathele entendeni yesakhe isandla sokhohlo;

[16]umpristi agcobhoze umunwe wakhe wokunene emafutheni asesandleni sakhe sokhohlo, afafaze ngamafutha phambi kukaJehova kasikhombisa ngomunwe wakhe.

[17]Amafutha aseleyo asesandleni sakhe umpristi uyakuwabheca esicutshini sendlebe yokunene yoyakuhlanjululwa, nasesithupheni sesandla sakhe sokunene, nakuqukula wonyawo lwakhe lokunene, phezu kwegazi lomnikelo wecala.

[18]Amafutha aseleyo asesandleni sompristi uyakuwafaka ekhanda loyakuhlanjululwa, umpristi amenzele ukubuyisana phambi kukaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Umpristi wonikela ngomnikelo wesono, amenzele oyakuhlanjululwa ukubuyisana ngenxa yokungcola kwakhe, andukuba ahlabe umnikelo wokushiswa,

20umpristi anikele ngomnikelo wokushiswa nangomnikelo wempuphu e-altare, umpristi amenzele ukubuyisana, ahlambuluke.

21 Uma empofu, engenakuphumelela kulokho, wothabatha imvu yeduna ibe ngumnikelo wecala, uzuliswe ukumenzela ukubuyisana, nokweshumi kwempuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu, nelogi lamafutha,

22namahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba, njengalokho angaphumelela kukho, elinye libe ngumnikelo wesono, elinye libe ngumnikelo wokushiswa.

23 Ngosuku lwesishiyagalombili awalethe kumpristi ngasemnyango wetende lokuhlangana phambi kukaJehova ngenxa yokuhlanjululwa kwakhe.

24Umpristi abesethabatha imvu yomnikelo wecala nelogi lamafutha, umpristi akuzulise kube ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova;

25ahlabe imvu yomnikelo wecala, umpristi athabathe kulo igazi lomnikelo wecala, alibhece esicutshini sendlebe yokunene yoyakuhlanjululwa, nasesithupheni sesandla sakhe sokunene, nakuqukula wonyawo lwakhe lokunene;

26umpristi athele amafutha entendeni yesakhe isandla sokhohlo kasikhombisa;

27umpristi afafaze ngamafutha asesandleni sakhe sokhohlo kasikhombisa phambi kukaJehova ngomunwe wakhe wokunene;

28umpristi athabathe kuwo amafutha asesandleni sakhe, awabhece esicutshini sendlebe yokunene yoyakuhlanjululwa, nasesithupheni sesandla sakhe sokunene, nakuqukula wonyawo lwakhe lokunene, endaweni yegazi lomnikelo wecala;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29amafutha aseleyo asesandleni sompristi wowabeka ekhanda loyakuhlanjululwa ukumenzela ukubuyisana phambi kukaJehova.

30Uyakunikela ngelinye lamahobhe noma ngelamaphuphu amajuba, njengalokho angaphumelela kukho,

31yebo, njengalokho angaphumelela kukho, elinye libe ngumnikelo wesono, elinye libe ngumnikelo wokushiswa kanye nomnikelo wempuphu, umpristi amenzele ukubuyisana oyakuhlanjululwa phambi kukaJehova.

32Lowo ungumthetho wakhe isifo sochoko esikuye, ongenakuphumelela kulokho okuqondene nokuhlambuluka kwakhe.

### Izindlu ezinochoko

33UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

34 Kuyakuthi lapho senifikile ezweni laseKhanani enginika lona libe yifa lenu, ngifake isifo sochoko endlini yezwe eniliphiweyo,

35umnininindlu makeze amtshele umpristi, athi: Kungathi kubonakele isifo endlini.

36Umpristi woyala ukuba bakhiphe okuphakathi endlini, engakangeni umpristi ukuyobona isifo, ukuze kungangcoli konke okusendlini, andukuba umpristi angene ukubona indlu.

37Abesebheka ibala; uma ibala lisezindongeni zendlu, linemishwe eluhlazana noma ebomvana, libonakala lishonile kunodonga,

38bheka, khona umpristi wophuma endlini, aye ngasemnyango wendlu, ayivale indlu izinsuku eziyisikhombisa,

39umpristi abuye ngosuku lwesikhombisa, abheke; uma ibala landile odongeni lwendlu,

40bheka, khona umpristi woyala ukuba bakhiphe amatshe isifo esikuwo, bawalahle endaweni engcolileyo ngaphandle komuzi;

41indlu iphalwe phakathi nxazonke, bathele udaka oluphaliweyo endaweni engcolileyo ngaphandle komuzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42Bothabatha amanye amatshe, bawafake endaweni yalawo matshe,
bathabathe olunye udaka, bayinameke indlu.

43 Uma isifo sibuye siqhamuka endlini emva kokukhishwa kwamatshe
nasemva kokuphalwa kwendlu nasemva kokunamekwa kwayo,

44umpristi uyakungena abheke; uma isifo sandile endlini, bheka, kuluchoko
olubi endlini; ingcolile.

45Woyibhidliza, amatshe ayo namapulangwe ayo nalo lonke udaka lwendlu
akukhiphe emzini, akulahle endaweni engcolileyo.

46 Ongena endlini ngezinsuku isavaliwe uyakuba ngongcolile kuze kuhlwe.

47Olala endlini makahlanze izingubo zakhe; nodlayo endlini makahlanze
izingubo zakhe.

48 Uma umpristi engena azobheka, isifo singandile endlini emva
kokunamekwa kwendlu, bheka, khona umpristi uyakusho athi indlu
ihlambulukile, ngokuba isifo sipholile.

49Wothabatha, ukuba ahlambulukise indlu, izinyoni ezimbili nomsedari
nendwangu ebomvu nehisopi,

50ahlabe enye yezinyoni esitsheni sebumba phezu kwamanzi agobhozayo,

51athabathe umsedari nehisopi nendwangu ebomvu nenyoni ezwayo,
akugcobhoze egazini lenyoni ehlatshiweyo nasemanzini agobhozayo, afafaze
indlu kasikhombisa,

52ahlambulule indlu ngegazi lenyoni ezwayo nangomsedari nangehisopi
nangendwangu ebomvu,

53ayiyeke inyoni ezwayo, iphume emzini iye endle, ayenzele kanjalo indlu
ukubuyisana; iyakuhlambuluka.

54Lowo ungumthetho wesifo sochoko esiyizinhlobonhlobo nowomuna,

55nowochoko lwengubo nolwendlu,

56nowedunguza nowotwayi nowebala elikhanyayo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[57]ukufundisa nxa kungcolile nanxa kuhlambulukile; yilowo ongumthetho wochoko.

## ULevitikusi 15

### Ukucucuza okungcolileyo kowesilisa nokowesifazane

[1]UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

[2] Yishoni kubantwana bakwa-Israyeli, nithi kubo: Nxa owesilisa ecucuza emzimbeni wakhe, ungcolile ngokucucuza kwakhe.

[3]Lokhu kuyakuba ngukungcola kwakhe ngokucucuza kwakhe: noma umzimba wakhe ucucuza, noma umzimba wakhe uvimbekile ekucucuzeni kwakhe, kungukungcola kwakhe.

[4] Yonke imibhede alala kuyo ocucuzayo iyakuba ngengcolile; nezinto zonke ahlala kuzo ziyakuba ngezingcolile.

[5]Yilowo nalowo othinta umbhede wakhe uyakuhlanza izingubo zakhe, ageze ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

[6]Ohlala entweni ahlale kuyo ocucuzayo uyakuhlanza izingubo zakhe, ageze ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

[7] Othinta inyama yocucuzayo uyakuhlanza izingubo zakhe, ageze ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

[8] Uma ocucuzayo emfela ngamathe ohlambulukileyo, yena uyakuhlanza izingubo zakhe, ageze ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

[9] Zonke izihlalo akhwela kuzo ocucuzayo ziyakuba ngezingcolile.

[10]Bonke abathinta into eyayiphansi kwakhe bayakuba ngabangcolile kuze kuhlwe, nalowo othwala lezo zinto uyakuhlanza izingubo zakhe, ageze ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

[11] Nalowo ocucuzayo amthinta, engahashazanga izandla zakhe ngamanzi, uyakuhlanza izingubo zakhe, ageze ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

[12] Isitsha sebumba asithinta ocucuzayo siyakwaphulwa, nazo zonke izitsha zomuthi ziyakuhashazwa ngamanzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Nxa ocucuzayo ehlambulukile ekucucuzeni kwakhe, uyakuzibalela izinsuku eziyisikhombisa zokuhlanjululwa kwakhe, ahlanze izingubo zakhe, ageze umzimba wakhe ngamanzi agobhozayo, ahlambuluke.

14Ngosuku lwesishiyagalombili wozithabathela amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba, eze phambi kukaJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana, awanike umpristi:

15umpristi anikele ngawo, elinye libe ngumnikelo wesono, elinye libe ngumnikelo wokushiswa, umpristi amenzele ukubuyisana phambi kukaJehova ngenxa yokucucuza kwakhe.

16 Nxa umuntu eshaywa yizibuko, uyakugeza wonke umzimba wakhe ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

17Zonke izingubo nazo zonke izikhumba elikuzo izibuko lakhe ziyakuhlanzwa ngamanzi, zibe ngezingcolile kuze kuhlwe.

18Nowesifazane elale naye indoda, imlalile yamthela ngamalotha, bayakugeza bobabili ngamanzi, babe ngabangcolile kuze kuhlwe.

19 Uma owesifazane ecucuza, ukucucuza kwakhe kube yigazi, uyakuhlala engcolile izinsuku eziyisikhombisa; bonke abamthintayo bayakuba ngabangcolile kuze kuhlwe.

20 Zonke izinto alala kuzo ekungcoleni kwakhe ziyakuba ngezingcolile; nakho konke ahlala kukho kuyakuba ngokungcolile.

21Yilowo nalowo othinta umbhede wakhe uyakuhlanza izingubo zakhe, ageze ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

22Yilowo nalowo othinta noma intoni ahlala kuyo uyakuhlanza izingubo zakhe, ageze ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

23Uma kusembhedeni noma kukuyiphi into ahlala kuyo, nxa kuthintwa ngumuntu, yena uyakuhlala engcolile kuze kuhlwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Uma indoda ilala naye, ukungcola kwakhe kube kuyo, iyakuba ngengcolile izinsuku eziyisikhombisa; nayo yonke imibhede alala kuyo iyakuba ngengcolile.

25 Uma owesifazane ecucuza igazi lakhe izinsuku eziningi, zingabi ngezokungcola kwakhe, noma ecucuza kudlula isikhathi sokungcola kwakhe, zonke izinsuku zokucucuza kokungcola kwakhe uyakuba njengasezinsukwini zokungcola kwakhe; ungcolile.

26Imibhede yonke alala kuyo zonke izinsuku zokucucuza kwakhe iyakuba kuye njengombhede wokungcola kwakhe; zonke izinto ahlala kuzo ziyakuba ngezingcolile njengokungcola kwefindo lakhe.

27Yilowo nalowo othinta lezo zinto uyakuba ngongcolile, ahlanze izingubo zakhe, ageze ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

28 Kepha uma ehlambuluka ekucucuzeni kwakhe, makazibalele izinsuku eziyisikhombisa, andukuba ahlambuluke.

29Ngosuku lwesishiyagalombili wozithabathela amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba, awalethe kumpristi ngasemnyango wetende lokuhlangana.

30Umpristi uyakunikela ngelinye libe ngumnikelo wesono, elinye libe ngumnikelo wokushiswa, umpristi amenzele ukubuyisana phambi kukaJehova ngenxa yokucucuza kokungcola kwakhe.

31 Kanjalo niyakwahlukanisa abantwana bakwa-Israyeli nokungcola kwabo ukuba bangafi ekungcoleni kwabo, lapho bengcolisa itabernakele lami eliphakathi kwabo.

32Lowo ungumthetho wocucuzayo nowoshaywa yizibuko, aze angcole ngakho,

33nowogula ngokungcola kwakhe, nowocucuzayo, umlisa noma owesifazane, nowakhe olala nongcolileyo.

## ULevitikusi 16

### Usuku olukhulu lokubuyisana

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 UJehova wakhuluma kuMose emva kokufa kwamadodana ka-Aroni
ekusondeleni kwawo phambi kukaJehova, afa.

2 UJehova wathi kuMose: Khuluma ku-Aroni umfowenu ukuba angangeni
njalo endaweni engcwele ngaphakathi kwesihenqo ngaphambi kwesihlalo
somusa esiphezu komphongolo, ukuze angafi, ngokuba ngiyakubonakala
efwini phezu kwesihlalo somusa.

3 U-Aroni kangene endaweni engcwele nalokhu: iduna, libe ngumnikelo
wesono, nenqama, ibe ngumnikelo wokushiswa,

4 embathe ibhantshi elingcwele lelineni, abe nebhulukwe lelineni emzimbeni
wakhe, abhince ibhande lelineni, afake isigqoko selineni; lezi ziyizambatho
ezingcwele; uyakugeza umzimba wakhe ngamanzi, azembathe.

5 Wothabatha enhlanganweni yabantwana bakwa-Israyeli izimpongo ezimbili
zibe ngumnikelo wesono, nenqama ibe ngumnikelo wokushiswa.

6 U-Aroni kanikele ngenkunzi yomnikelo wesono engenxa yakhe, azenzele
yena nendlu yakhe ukubuyisana.

7 Wothabatha izimpongo zombili, azibeke phambi kukaJehova ngasemnyango
wetende lokuhlangana.

8 U-Aroni uyakwenza inkatho ngezimpongo zombili, enye inkatho ibe
ngekaJehova, enye inkatho ibe ngeka-Azazeli.

9 U-Aroni wonikela ngempongo edliwe yinkatho kaJehova, anikele ngayo ibe
ngumnikelo wesono.

10 Kepha impongo edliwe yinkatho ka-Azazeli iyakubekwa phambi
kukaJehova isezwa ukuba kwenziwe ukubuyisana ngayo, ithunywe ku-
Azazeli ehlane.

11 U-Aroni wonikela ngenkunzi yomnikelo wesono engenxa yakhe, azenzele
yena nendlu yakhe ukubuyisana, ahlabe inkunzi yomnikelo wesono engenxa
yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Wothabatha umcengezi womlilo ogcwele amalahle omlilo ase-altare
phambi kukaJehova, izandla zakhe zigcwele impepho ethaphukayo
icolisisiwe, akulethe ngaphakathi kwesihenqo,

13abeke impepho emlilweni phambi kukaJehova ukuba ifu lempepho
lisibekele isihlalo somusa esiphezu kobufakazi, ukuze angafi;

14athabathe kulo igazi lenkunzi, afafaze ngalo isihlalo somusa
ngasempumalanga ngomunwe wakhe, nangaphambi kwesihlalo somusa
afafaze ngegazi kasikhombisa ngomunwe wakhe.

15Abesehlaba impongo yomnikelo wesono engenxa yabantu, alethe igazi layo
ngaphakathi kwesihenqo, enze ngegazi layo njengalokho wenza ngegazi
lenkunzi, afafaze ngalo isihlalo somusa nangaphambi kwesihlalo somusa,

16enzele indawo engcwele ukubuyisana ngenxa yokungcola kwabantwana
bakwa-Israyeli nangenxa yeziphambeko zabo ezonweni zabo zonke; akenzele
njalo netende lokuhlangana elihlezi nabo phakathi kokungcola kwabo.

17Akuyikubakho muntu etendeni lokuhlangana, nxa engena ukwenza
ukubuyisana endaweni engcwele aze aphume, azenzele ukubuyisana, yena
nendlu yakhe nebandla lonke lakwa-Israyeli.

18 Uyakuphuma, aye e-altare eliphambi kukaJehova, alenzele ukubuyisana,
athabathe kulo igazi lenkunzi nakulo igazi lempongo, alibhece ezimpondweni
ze-altare nxazonke.

19Uyakulifafaza ngegazi kasikhombisa ngomunwe wakhe, alihlambulule,
alingcwelise ekungcoleni kwabantwana bakwa-Israyeli.

20Eseqedile ukwenzela indawo engcwele ukubuyisana, netende lokuhlangana
ne-altare, uyakunikela ngempongo ezwayo;

21u-Aroni abeke izandla zakhe zombili enhloko yempongo ezwayo, avume
phezu kwayo bonke ububi babantwana bakwa-Israyeli neziphambeko
ezonweni zabo zonke, akubeke enhloko yempongo, ayithume ngesandla
somuntu olungiselwe lokhu, iye ehlane,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22impongo ithwale ububi babo bonke, iye nabo kwahlongasibi, bayiyeke impongo ehlane.

23U-Aroni uyakungena etendeni lokuhlangana, akhumule izambatho zelineni azembetheyo ekungeneni kwakhe endaweni engcwele, azishiye khona.

24Uyakugeza umzimba wakhe ngamanzi endaweni engcwele, agqoke izambatho zakhe, aphume, anikele ngomnikelo wakhe wokushiswa nangomnikelo wokushiswa wabantu, azenzele yena nabantu ukubuyisana.

25Amanoni omnikelo wesono uyakuwashisa e-altare.

26Ovuma ukuba impongo iye ku-Azazeli uyakuhlanza izingubo zakhe, ageze umzimba wakhe ngamanzi, andukuba angene ekamu.

27 Inkunzi yomnikelo wesono nempongo yomnikelo wesono, elangeniswa igazi lazo ukwenza ukubuyisana endaweni engcwele, ziyakukhishelwa ngaphandle kwekamu, kushiswe ngomlilo izikhumba zazo nenyama yazo nomswani wazo.

28Ozishisayo wohlanza izingubo zakhe, ageze umzimba wakhe ngamanzi, andukuba angene ekamu.

29 Lokhu kuyakuba yisimiso esiphakade kini: ngenyanga yesikhombisa ngolweshumi lwenyanga niyakuthobisa imiphefumulo yenu, ningasebenzi msebenzi, owokuzalwa ekhaya nomfokazi ogogobeleyo phakathi kwenu.

30Ngokuba ngalolo suku niyakwenzelwa ukubuyisana ukuba nihlanjululwe; niyakuhlambuluka ezonweni zenu zonke phambi kukaJehova.

31Kuyisabatha lokuphumula okuzothileyo kini; anothobisa imiphefumulo yenu; kuyisimiso esiphakade.

32Umpristi oyakugcotshwa ahlukaniselwe abe ngumpristi esikhundleni sikayise uyakwenza ukubuyisana, afake izambatho zelineni, izambatho ezingcwele,

33enzele indlu engcwele ukubuyisana, enzele abapristi nabantu bonke bebandla ukubuyisana.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[34]Lokho kuyakuba yisimiso esiphakade kini ukwenzela abantwana bakwa-Israyeli ukubuyisana ngenxa yezono zabo zonke kanye ngomnyaka. Wenza-ke njengalokho uJehova emyalile uMose.

## ULevitikusi 17

### Imithetho yokuhlaba

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Yisho ku-Aroni, nakumadodana akhe, nakubo bonke abantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Lokhu kuyikho ayale ngakho uJehova, ethi:

[3]Yilowo nalowo muntu wendlu yakwa-Israyeli ohlaba inkunzi noma imvana noma imbuzi ekamu, noma eyibulala ngaphandle kwekamu,

[4]engayilethanga emnyango wetende lokuhlangana ukunikela ngayo ibe ngumnikelo kaJehova ngaphambi kwetabernakele likaJehova, lowo muntu wobalelwa icala legazi; uchithile igazi; lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo.

[5]Ngalokho abantwana bakwa-Israyeli bayakuletha imihlatshelo yabo abayihlaba endle, bayilethe kuJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana, kumpristi, banikele ngayo ibe yiminikelo yokuthula kuJehova.

[6]Umpristi wofafaza ngegazi i-altare likaJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana, ashise amanoni, abe yiphunga elimnandi kuJehova.

[7] Abasayikuhlabela amademoni imihlatshelo yabo abaye kuwo ukuphinga. Lokho kuyakuba yisimiso esiphakade kubo ezizukulwaneni zabo.

[8] Wothi kubo: Yilowo nalowo muntu wendlu yakwa-Israyeli noma owabafokazi abagogobeleyo phakathi kwabo onikela ngomnikelo wokushiswa noma ngomhlatshelo,

[9] engayilethi emnyango wetende lokuhlangana ukunikela ngawo kuJehova, lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo.

### Igazi alinakudliwa

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Yilowo nalowo muntu wendlu yakwa-Israyeli noma owabafokazi abagogobeleyo phakathi kwabo odla igazi noma yiliphi, ngiyakumisa ubuso bami bumelane nalowo muntu odla igazi, ngimnqume kubantu bakubo.

11 Ngokuba umphefumulo womzimba usegazini; ngimnike lona e-altare ukwenzela imiphefumulo yenu ukubuyisana, lokhu kuyigazi elenza ukubuyisana ngomphefumulo.

12Ngalokho ngathi kubantwana bakwa-Israyeli: Makungabikho muntu kini odla igazi; nomfokazi ogogobeleyo phakathi kwenu makangadli igazi.

13 Yilowo nalowo muntu wabantwana bakwa-Israyeli noma owabafokazi abagogobeleyo phakathi kwabo ozingela, abambe isilwane noma inyoni edliwayo, makachithe igazi layo, alisibekele ngothuli.

14Ngokuba umphefumulo wenyama yonke, igazi layo lihlangene nomphefumulo wayo; ngalokho ngathi kubantwana bakwa-Israyeli: Maningadli igazi lenyama noma iyiphi, ngokuba umphefumulo wenyama yonke uyigazi layo; yilowo nalowo oyidlayo uyakunqunywa.

15 Yilowo nalowo odla ingcuba noma lokho okudweshulwe yizilo, noma engowokuzalwa ekhaya noma engumfokazi, makahlanze izingubo zakhe, ageze ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe; khona uyakuhlambuluka.

16Kepha uma engazihlanzi, angagezi umzimba wakhe, uyakuthwala ububi bakhe.

## ULevitikusi 18

### Imithetho yomshado

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: NginguJehova uNkulunkulu wenu.

3Ningenzi njengokwemisebenzi yezwe laseGibithe enahlala kulo, ningenzi futhi njengokwemisebenzi yezwe laseKhanani enginiyisa kulo, ningahambi ngemithetho yabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Nenze izahlulelo zami, nigcine imithetho yami ukuba nihambe ngayo; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

5 Ngalokho anogcina izimiso zami nezahlulelo zami; uma umuntu ezenza, uyakuphila ngazo; nginguJehova.

6 Makungasondeli muntu kowakubo ukwambula ubunqunu bakhe; nginguJehova.

7 Ubunqunu bukayihlo, ubunqunu bukanyoko, ungabambuli, ungunyoko; ungambuli ubunqunu bakhe.

8 Ubunqunu bomkayihlo ungabambuli; kungubunqunu bukayihlo.

9 Ungambuli ubunqunu bukadadewenu, indodakazi kayihlo noma indodakazi kanyoko, noma ezelwe kini, noma ezelwe kwelinye; ungambuli ubunqunu babo.

10 Ungambuli ubunqunu bendodakazi yendodana yakho noma obendodakazi yendodakazi yakho; awuyikwambula ubunqunu babo, ngokuba obabo bungubunqunu bakho.

11 Ungambuli ubunqunu bendodakazi yomkayihlo, ezelwe nguyihlo; ungudadewenu; awuyikwambula ubunqunu bakhe.

12 Ungambuli ubunqunu bukadadewabo kayihlo; uyisihlobo sikayihlo.

13 Ungambuli ubunqunu bukadadewabo kanyoko, ngokuba uyisihlobo sikanyoko.

14 Ungambuli ubunqunu bomfowabo kayihlo, ungasondeli kumkakhe; unguyihlokazi.

15 Ungambuli ubunqunu bukamalokazana wakho; ungumkandodana yakho; awuyikwambula ubunqunu bakhe.

16 Ungambuli ubunqunu bomkamfowenu; kungubunqunu bomfowenu.

17 Ungambuli ubunqunu bowesifazane kanye nobendodakazi yakhe; ungathathi indodakazi yendodana yakhe, noma indodakazi yendodakazi yakhe ukwambula ubunqunu bayo, ngokuba bayizihlobo; kungukonakala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Ungathathi owesifazane kanye nodadewabo ukuba wambule ubunqunu bakhe kanye nomunye esekhona, aze ambange.

19 Ungasondeli kowesifazane, wambule ubunqunu bakhe esangcolile ngokungcola kwakhe.

20 Ungalali nomkamakhelwane ukuzingcolisa ngaye.

21 Unganikeli ngenzalo yakho ukuyahlukanisela kuMoloki, ungahlambalazi igama likaNkulunkulu wakho; ngingu Jehova.

22 Ungalali nowesilisa njenganowesifazane; kuyisinengiso.

23 Ungalali nesilwane ukuzingcolisa ngaso; nowesifazane makangemi phambi kwesilwane ukuba alale naso; kuyichilo.

24 Ningazingcolisi nangeyodwa yalezo zinto, ngokuba ngazo zonke lezo zingcolile lezi zizwe engizixosha phambi kwakho.

25Izwe lingcolile; ngalokho ngahambela ububi balo kulo, izwe lahlanza abantu balo.

26Gcinani izimiso zami nezahlulelo zami, ningenzi nesisodwa salezo zinengiso, noma owokuzalwa ekhaya noma umfokazi ogogobeleyo phakathi kwenu

27ngokuba zonke lezo zinengiso bazenza abantu balelo zwe ababekhona ngaphambi kwenu, izwe selangcola

28ukuze izwe linganihlanzi nani, nxa nilingcolisa, njengalokho lahlanza isizwe esasikhona phambi kwenu.

29 Ngokuba bonke abenza lezo zinengiso, yebo, abazenzayo bayakunqunywa kubantu bakubo.

30Ngalokho gcinani isiyalezo sami ukuba ningenzi nalinye lalawo masiko anengekayo, ayenziwa ngaphambi kwenu, ningazingcolisi ngawo; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

## ULevitikusi 19

### Imithetho yobungcwele

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Yisho kuyo yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli, uthi kuyo:
Niyakuba ngcwele, ngokuba mina Jehova uNkulunkulu wenu ngingcwele.

3 Yilowo nalowo makahloniphe unina noyise, nigcine amasabatha ami;
ngingu Jehova uNkulunkulu wenu.

4 Ningaphendukeli kuzo izithombe, ningazenzeli onkulunkulu ababunjiweyo;
nginguJehova uNkulunkulu wenu.

5 Nxa ninikela kuJehova ngomhlatshelo weminikelo yokuthula, anonikela
ngawo ukuba namukeleke.

6Uyakudliwa ngosuku lokunikela kwenu nangakusasa; uma kusele okuthile
kuze kube lusuku lwesithathu, kuyakushiswa ngomlilo.

7Uma kudliwa nokuncane ngosuku lwesithathu, kuyisinengiso;
awuyikwamukeleka;

8yilowo nalowo owudlayo uyakuthwala ububi bakhe, ngokuba udumazile
okungcwele kukaNkulunkulu; lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo.

9 Nxa nivuna isivuno sezwe lakini, awuyikuvuna ngokupheleleyo
emagumbini ensimu yakho, ungakhothozi umkhothozo wesivuno sakho.

10Awuyikukhothoza isivini sakho, ungabuthi izithelo zesivini
ezivuthulukileyo; wozishiyela abampofu nabafokazi; nginguJehova
uNkulunkulu wenu.

11 Ningebi, ningakhohlisani, ningaqambelani amanga.

12 Ningafungeli igama lami amanga, uze uhlambalaze igama likaNkulunkulu;
nginguJehova.

13 Ungamcindezeli umakhelwane wakho, ungamphangi; inkokhelo
yomqashwa ayiyikuhlala kuwe ubusuku bonke kuze kuse.

14 Ungaqalekisi isithulu, ungabeki isikhubekiso phambi kwempumputhe,
kepha wesabe uNkulunkulu wakho; nginguJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Ningenzi ukungalungi ekwahluleleni; ungakhethi ubuso bompofu, ungavuni ubuso bomkhulu, kepha wahlulele umakhelwane wakho ngokulunga.

16 Ungahambahambi ucetheza phakathi kwabantu bakho, ungamelani nokuphila komakhelwane wakho; nginguJehova.

17 Ungazondi umfowenu enhliziyweni yakho; ungamkhuza nokumkhuza umakhelwane wakho, kepha ungabi nasono ngaye.

18 Ungaphindisi, ungabi namagqubu nabantwana babantu bakho, kepha wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena; nginguJehova.

19 Niyakugcina izimiso zami; ungavumeli izilwane zakho zizekwe ngolunye uhlobo; ungahlwanyeli ensimini yakho izinhlobo ezimbili zembewu; kungezi phezu kwakho ingubo eyizinhlobonhlobo zezintanjana.

20 Olala nowesifazane oyisigqilakazi eyingoduso, engahlengiwe, engakhululiwe ngesihle, makabe nesijeziso, angabulawa nokho, ngokuba wayengakhululekile.

21 Uyakuletha umnikelo wakhe wecala kuJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana, inqama ibe ngumnikelo wecala.

22 Umpristi uyakumenzela ukubuyisana ngenqama yomnikelo wecala phambi kukaJehova ngesono sakhe one ngaso, athethelelwe isono sakhe one ngaso.

23 Nanxa senifikile ezweni, nitshale imithi eyizinhlobonhlobo edliwayo, anothi izithelo zayo zingukungasoki kwayo; iminyaka emithathu iyakuba njengengasokiwe kini: mazingadliwa.

24 Kepha ngomnyaka wesine zonke izithelo zayo ziyakuba ngcwele, ezokumdumisa uJehova.

25 Ngomnyaka wesihlanu niyakudla kuzo izithelo zayo, ukuze inithelele kakhulu; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

26 Aniyikudla lutho olunegazi, ningenzi imilingo, ningahloli imihlola.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

27 Aniyikudilinga amakhanda enu emaceleni; ungoni isilevu sakho emaceleni.

28 Aniyikuzigcaba emizimbeni yenu ngenxa yabafileyo, ningazilobi amabala; nginguJehova.

29 Awuyikuhlambalaza indodakazi yakho ukuyenza isifebe, funa izwe lehlelwe ngubufebe, izwe ligcwale ukonakala.

30 Anogcina amasabatha ami, nihloniphe indlu yami engcwele; nginguJehova.

31 Ningaphendukeli kwabanamadlozi nakubathakathi, ningababafuni ukuba ningcoliswe yibo; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

32 Wosukuma phambi kwempunga, uhloniphe ubuso bomuntu omdala, umesabe uNkulunkulu wakho; nginguJehova.

33 Uma umfokazi egogobele kuwe ezweni lakini, aniyikumhlupha.

34 Umfokazi ogogobeleyo kini uyakuba kini njengowokuzalwa ekhaya phakathi kwenu, umthande njengalokhu uzithanda wena, ngokuba naningabafokazi ezweni laseGibithe; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

35 Aniyikwenza ukungalungi ekwahluleleni, ekulinganiseni ubude noma isisindo noma ubuningi.

36 Niyakuba nezilinganiso ezilungileyo, nezisindo ezilungileyo, ne-efa elilungileyo, nehini elilungileyo; nginguJehova uNkulunkulu wenu owanikhipha ezweni laseGibithe.

37 Anogcina zonke izimiso zami nazo zonke izahlulelo zami, nizenze; nginguJehova.

## ULevitikusi 20

### Izimiso zezijeziso

1 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Futhi uyakusho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Yilowo nalowo wabantwana bakwa-Israyeli, noma owababafokazi abagogobeleyo kwa-Israyeli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

onikela ngenzalo yakhe kuMoloki, wobulawa nokubulawa, abantu balelo zwe bamkhande ngamatshe.

3 Ngiyakubeka ubuso bami bumelane nalowo muntu, ngimnqume kubantu bakubo, ngokuba unikela ngenzalo yakhe kuMoloki ukungcolisa indlu yami engcwele nokuhlambalaza igama lami elingcwele.

4 Uma abantu balelo zwe besitheza kancane amehlo abo kulowo muntu, lapho enikela ngenzalo yakhe kuMoloki, bangambulali,

5 ngiyakubeka ubuso bami bumelane nalowo muntu nomndeni wakhe, ngimnqume kubantu bakubo kanye nabo bonke abaya kuye ukuphinga, beyophinga noMoloki.

6 Nalowo muntu ophendukela kwabanamadlozi nakubathakathi ukuya kubo ukuba aphinge, ngiyakubeka ubuso bami bumelane nalowo muntu, ngimnqume kubantu bakubo.

7 Ngalokho zingcweliseni nibe ngcwele, ngokuba ngingguJehova uNkulunkulu wenu.

8 Anogcina izimiso zami, nizenze; ngingguJehova oningcwelisayo.

9 Ngokuba yilowo nalowo othuka uyise noma unina wobulawa nokubulawa; uthukile uyise noma unina; igazi lakhe liyakuba phezu kwakhe.

10 Umuntu ophinga nomfazi womunye umuntu nophinga nomkamakhelwane wakhe, isiphingi nesiphingikazi ziyakubulawa nokubulawa.

11 Umuntu olala nomkayise wambulile ubunqunu bukayise; bobabili bobulawa nokubulawa, igazi labo libe phezu kwabo.

12 Uma umuntu elala nomalokazana wakhe, bobabili bobulawa nokubulawa; benzile ichilo; igazi labo malibe phezu kwabo.

13 Uma indoda ilala nowesilisa njenganowesifazane, bobabili benzile isinengiso; bobulawa nokubulawa, igazi labo libe phezu kwabo.

14 Uma umuntu ethatha umfazi kanye nonina, kungukonakala; bayakushiswa ngomlilo yena nabo, ukuze kungabikho konakala phakathi kwenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Uma umuntu elala nesilwane, wobulawa nokubulawa, nisihlabe isilwane.

16 Uma owesifazane esondela esilwaneni, alale naso, wobulala owesifazane nesilwane; bobulawa nokubulawa, igazi labo libe phezu kwabo.

17 Uma umuntu ethatha udadewabo, indodakazi kayise noma indodakazi kanina, abone ubunqunu bakhe, naye abone ubunqunu bakhe, kuyihlazo; bayakunqunywa phambi kwabantwana babantu bakubo; wambulile ubunqunu bukadadewabo; uyakuthwala ububi bakhe.

18 Uma umuntu elala nowesifazane onefindo lakhe, ambule ubunqunu bakhe, unqunisile umthombo wakhe, naye wambulile umthombo wegazi lakhe; bobabili bayakunqunywa kubantu bakubo.

19 Ungambuli ubunqunu bukadadewabo kanyoko, noma obukadadewabo kayihlo, ngokuba unqunisile isihlobo sakhe; bayakuthwala ububi babo.

20 Uma umuntu elala nomkayisekazi, wambulile ubunqunu bukayisekazi; bayakuthwala isono sabo; bayakufa beyizimpulule.

21 Uma umuntu ethatha umkamfowabo, kungukungcola; wambulile ubunqunu bomfowabo; bayakuba yizimpulule.

22 Ngalokho anogcina zonke izimiso zami, nazo zonke izahlulelo zami, nizenze ukuba izwe lapho nginiyisa khona ukuba nihlale kulo linganihlanzi.

23Aniyikuhamba ngamasiko esizwe engisixosha phambi kwenu, ngokuba benza zonke lezo zinto; ngalokho nganengwa yibo.

24Kepha ngishilo kini ukuthi: Niyakulidla ifa lezwe labo, ngininike lona libe ngelenu, izwe elichichima ubisi nezinyosi, nginguJehova onahlukanisile nabezizwe.

25 Ngalokho anohlukanisa izilwane ezihlambulukileyo nezingcolileyo, izinyoni ezingcolileyo nezihlambulukileyo, ningenzi imiphefumulo yenu inengeke ngesilwane noma ngenyoni noma ngantoni enwabuzelayo emhlabeni, engizahlukanisile nani, ngathi zingcolile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

26Niyakuba ngcwele kimi, ngokuba mina Jehova ngingcwele;
nginahlukanisile nabezizwe ukuba nibe ngabami.

27 Owesilisa noma owesifazane, elikubo idlozi, noma umthakathi bobulawa
nokubulawa, bakhandwe ngamatshe, igazi labo libe phezu kwabo.

## ULevitikusi 21

### Imithetho yabapristi

1 UJehova wathi kuMose: Khuluma kubapristi, amadodana ka-Aroni, uthi
kubo: Makungabikho ozingcolisayo ngofileyo phakathi kwabantu bakubo,

2ngaphandle kwezihlobo ezinyamanye naye, okungukuthi unina, noyise,
nendodana yakhe, nendodakazi yakhe, nomfowabo,

3nodadewabo, intombi eseduze naye, engenandoda; angazingcolisa ngaye.

4Akayikuzingcolisa, eyisikhulu phakathi kwabantu bakubo, ukuze
azihlambalaze.

5 Abayikuzigega amakhanda abo, bangasiphuculi isilevu emaceleni,
bangazigcabi emzimbeni.

6Bayakuba ngcwele kuNkulunkulu wabo, bangahlambalazi igama
likaNkulunkulu wabo, ngokuba banikela ngeminikelo yomlilo kaJehova,
isinkwa sikaNkulunkulu wabo; ngalokho bayakuba ngcwele.

7 Angathathi owesifazane oyisifebe nowonakeleyo, angathathi owesifazane
olahliwe yindoda yakhe, ngokuba ungcwele kuNkulunkulu wakhe.

8Ngalokho uyakumngcwelisa, ngokuba unikela ngesinkwa sikaNkulunkulu
wakho; uyakuba ngcwele kuwe, ngokuba mina Jehova oningcwelisayo
ngingcwele.

9 Indodakazi yompristi, uma izingcolisa ngokufeba, iyamhlambalaza noyise;
yoshiswa ngomlilo.

10 Ongumpristi omkhulu phakathi kwabafowabo, kuthelwe ekhanda lakhe
amafutha okugcoba, nowahlukaniselwa ukuba embathe izambatho,
akayikuthukulula izinwele zekhanda lakhe, angaklebhuli izambatho zakhe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11angangeni nakumuphi umuntu ofileyo, angazingcolisi ngoyise noma ngonina,

12futhi angaphumi endlini engcwele, angahlambalazi indlu engcwele kaNkulunkulu wakhe; ngokuba umqhele wamafutha okugcoba kaNkulunkulu wakhe uphezu kwakhe; nginguJehova.

13 Wothatha umfazi oseyintombi.

14Umfelokazi noma umfazi olahliweyo noma owesifazane owonakelyo, isifebe, laba akayikubathatha, kepha uyakuthatha intombi yabantu bakubo ibe ngumkakhe.

15Akayikuhlambalaza inzalo yakhe phakathi kwabantu bakhe; ngokuba nginguJehova oningcwelisayo.

16UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

17 Yisho ku-Aroni, uthi: Umuntu wenzalo yakho ezizukulwaneni zayo oyisilima makangasondeli ukunikela ngesinkwa sikaNkulunkulu wakhe.

18Ngokuba umuntu oyisilima akayikusondela: impumputhe noma unyonga, noma onekhala eliyisicaba, noma ozitho zakhe zingalingene,

19noma umuntu ononyawo olwaphukileyo, noma onesandla esaphukileyo,

20noma onesifumbu, noma oyisichwe, noma onomlanga esweni lakhe, noma onesithembuzane, noma onomuna, noma oyisilima ngamasende;

21akungabikho muntu wenzalo ka-Aroni umpristi oyisilima oyakusondela ukunikela ngeminikelo yomlilo kaJehova; uyisilima; makangasondeli ukunikela ngesinkwa sikaNkulunkulu wakhe.

22 Uyakudla isinkwa sikaNkulunkulu wakhe, esingcwelengcwele nesingcwele.

23Kuphela akayikungena kuso isihenqo, futhi angasondeli e-altare, ngokuba uyisilima, ukuze angahlambalazi izindlu zami ezingcwele, ngokuba nginguJehova obangcwelisayo.

24UMose wakhuluma lokho ku-Aroni, nakumadodana akhe, nakubo bonke abantwana bakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## ULevitikusi 22

### Eminye imithetho yabapristi

1 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Yisho ku-Aroni nakumadodana akhe ukuba bahlukane nezinto ezingcwele zabantwana bakwa-Israyeli abangingcwelisela zona, bangalihlambalazi igama lami elingcwele; nginguJehova.

3 Yisho kubo ukuthi: Yilowo nalowo wenzalo yenu yonke ezizukulwaneni zenu osondela ezintweni ezingcwele abantwana bakwa-Israyeli abazingcwelisela uJehova, esengcolile, lowo muntu uyakunqunywa, angabikho phambi kwami; nginguJehova.

4 Yilowo nalowo wenzalo ka-Aroni onochoko noma ocucuzayo akayikudla izinto ezingcwele aze ahlambuluke. Nalowo othinta okungcolile ngabafileyo, noma umuntu oshaywa yizibuko,

5 nalowo othinta okunwabuzelayo angangcoliswa ngakho, noma umuntu angangcoliswa ngaye, nakuba enokungcola kuni,

6 umuntu othinta okunjalo uyakuba ngongcolile kuze kuhlwe, angazidli izinto ezingcwele, uma engagezi umzimba wakhe ngamanzi.

7 Selishonile ilanga uyakuba ngohlambulukile, andukuba adle izinto ezingcwele, ngokuba ziyisinkwa sakhe.

8 Ingcuba nokudweshulwe yizilo akayikukudla ukuzingcolisa ngakho; nginguJehova.

9 Ngalokho abogcina isiyalezo sami, funa babe nesono ngaso, bafele kuso, uma besihlambalaza, nginguJehova obangcwelisayo.

10 Umfokazi akayikudla okungcwele; umuntu ogogobeleyo wompristi noma umqashwa angadli okungcwele.

11 Kepha uma umpristi ethenga umuntu eyintengo yemali yakhe, yena angakudla; nabazelwe emzini wakhe bangadla isinkwa sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Uma indodakazi yompristi igana umfokazi, yona mayingadli emnikelweni wokuphakanyiswa wezinto ezingcwele.

13 Kepha uma indodakazi yompristi ingumfelokazi noma ingolahliweyo ingenamntwana, bese yibuyela endlini kayise njengasebusheni bayo, iyakudla isinkwa sikayise; kepha umfokazi makangasidli.

14 Uma umuntu edla okungcwele engazi, wothasisela okwesihlanu kwakho, amnike umpristi okungcwele.

15 Abayikuhlambalaza izinto ezingcwele zabantwana bakwa-Israyeli abanikela ngazo kuJehova,

16 bangabethwesi ububi obutholisa icala, lapho bedla izinto zabo ezingcwele; ngokuba nginguJehova obangcwelisayo.

**Imithetho yemihlatshelo**

17 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

18 Yisho ku-Aroni, nakumadodana akhe, nakubo bonke abantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Yilowo nalowo wendlu ka-Israyeli noma umfokazi kwa-Israyeli onikela ngomnikelo wakhe, noma owesithembiso sakhe noma oweminikelo yakhe yesihle, okunikelwa ngayo kuJehova ibe ngumnikelo wokushiswa,

19 ukuze namukeleke, wonikela ngeduna elingenasici lezinkomo, elezimvu noma elezimbuzi.

20 Noma yintoni enesici aniyikunikela ngayo; ngokuba aniyikwamukeleka ngayo.

21 Umuntu onikela ngomhlatshelo weminikelo yokuthula kuJehova ukugcwalisa isithembiso noma owomnikelo wesihle ezinkomeni noma ezimvini, umelwe ukuphelela ukuba wamukeleke, kungabi sici kuwo.

22 Ephuphuthekayo noma eyaphukileyo noma elimeleyo noma enesilonda noma enokhwekhwe noma enomuna, ninganikeli ngazo kuJehova, futhi ninganikeli ngazo zibe ngumnikelo womlilo e-altare kuJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Inkunzi noma imvana enesitho esidluleleyo noma enesitho esincane, unganikela ngazo zibe ngumnikelo wesihle, kepha uma ungowesithembiso awunakwamukeleka.

24Aniyikunikela kuJehova ngento etheniwe ngokukhandwa noma ngokuchotshozwa noma ngokudwengulwa noma ngokunqunywa; ningenzi kanjalo ezweni lakini.

25Aniyikwamukela esandleni sowezizwe, ninikele ngezinjalo zibe yisinkwa sikaNkulunkulu wenu, ngokuba ukonakala kwazo kukuzo, zinobulima; aniyikwamukeleka ngazo.

26UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

27 Nxa kuzalwa inkunzi noma imvu noma imbuzi, iyakuhlala kunina izinsuku eziyisikhombisa; kusukela osukwini lwesishiyagalombili nangasemuva iyakwamukelwa ibe ngumnikelo womlilo kuJehova.

28 Noma kuyinkomazi noma imvukazi, aniyikuyihlaba kanye nomntwana wayo ngalusuku lunye.

29 Nxa nihlabela uJehova umhlatshelo wokubonga, niyakumhlabela ukuba namukeleke.

30 Uyakudliwa ngalolo suku, ningashiyi lutho lwawo kuze kuse; ngingu Jehova.

31 Ngalokho anogcina imiyalo yami, niyenze; ngingu Jehova.

32Ningahlambalazi igama lami elingcwele; kepha ngiyakungcweliswa phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli; ngingu Jehova oningcwelisayo,

33owanikhipha ezweni laseGibithe, ngibe nguNkulunkulu wenu; ngingu Jehova.

## ULevitikusi 23

### Imithetho yemikhosi

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Imikhosi emisiweyo kaJehova eniyakuyimemezela ibe yimihlangano engcwele, yona iyimikhosi yami emisiweyo.

3 Umsebenzi uyakwenziwa izinsuku eziyisithupha; kepha ngosuku lwesikhombisa kuyisabatha lokuphumula okuzothileyo, umhlangano ongcwele; ningasebenzi msebenzi; kuyisabatha kuJehova ezindlini zenu zonke.

4 Nansi imikhosi emisiweyo kaJehova, imihlangano engcwele eniyakuyimemezela ngezikhathi zayo ezimisiweyo.

5 Ngenyanga yokuqala ngolweshumi nane lwenyanga kusihlwa kuyiphasika likaJehova.

6Ngosuku lweshumi nanhlanu lwaleyo nyanga kungumkhosi wesinkwa esingenamvubelo kuJehova; niyakudla isinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa.

7Ngosuku lokuqala niyakuba nomhlangano ongcwele, ningasebenzi msebenzi.

8Kepha niyakunikela ngomnikelo womlilo kuJehova izinsuku eziyisikhombisa. Ngosuku lwesikhombisa kungumhlangano ongcwele; ningasebenzi msebenzi.

9UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

10 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa nifikile ezweni engininika lona, nivune isivuno salo, anoletha kumpristi isithungu solibo lwesivuno senu;

11yena asizulise isithungu phambi kukaJehova ukuba samukelwe ngenxa yenu; ngakusasa emva kwesabatha umpristi uyakusizulisa.

12Ngalolo suku enizulisa ngalo isithungu, niyakunikela ngemvu yeduna engenasici, enomnyaka munye, ibe ngumnikelo wokushiswa kuJehova.

13Umnikelo wawo wempuphu woba ngokweshumi okubili kwempuphu ecolekileyo, exovwe namafutha, umnikelo womlilo kuJehova, ube yiphunga

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

elimnandi, nomnikelo wawo wokuphuzwa woba ngokwesine kwehini
lewayini.

14 Aniyikudla isinkwa notshwele nezikhwebu ezintsha, kuze kufike lolo suku,
ningakalethi umnikelo kaNkulunkulu wenu; kuyisimiso esiphakade
ezizukulwaneni zenu ezindlini zenu zonke.

15 Anozibalela kusukela kolwangakusasa emva kwesabatha, ngosuku
enaletha ngalo isithungu somnikelo wokuzuliswa, kuze kube ngamasabatha
ayisikhombisa apheleleyo;

16 kuze kufike olwangakusasa emva kwesabatha lesikhombisa anobala
izinsuku ezingamashumi ayisihlanu, ninikele ngomnikelo omusha wempuphu
kuJehova.

17 Maniphume ezindlini zenu nezinkwa ezimbili zokuzuliswa zokweshumi
okubili kwempuphu ecolekileyo, ziphekwe nemvubelo, zibe lulibo kuJehova.

18 Kanye nesinkwa niyakunikela ngezimvu eziyisikhombisa ezingenasici
zinomnyaka munye, neduna nezinqama ezimbili, zibe ngumnikelo
wokushiswa kuJehova kanye nomnikelo wazo wempuphu neminikelo yazo
yokuphuzwa, umnikelo womlilo, ube yiphunga elimnandi kuJehova.

19 Niyakunikela ngempongo ibe ngumnikelo wesono, nezimvu ezimbili
zamaduna ezinomnyaka munye, zibe ngumhlatshelo weminikelo yokuthula.

20 Umpristi uyakuzizulisa kanye nesinkwa solibo zibe ngumnikelo
wokuzuliswa phambi kukaJehova kanye nezimvu ezimbili; ziyakuba ngcwele
kuJehova, zibe ngezompristi.

21 Niyakumemezela ngalolo suku, nibe nomhlangano ongcwele; ningasebenzi
msebenzi; kuyisimiso esiphakade ezindlini zenu zonke ezizukulwaneni zenu.

22 Nxa nivuna isivuno sezwe lakini, awuyikuvuna ngokupheleleyo
emagumbini ensimu yakho, ungakhothozi umkhothozo wesivuno sakho;
uwushiyele abampofu nabafokazi; ngінguJehova uNkulunkulu wakho.

23 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Ngenyanga yesikhombisa ngolokuqala lwenyanga anoba nokuphumula okuzothileyo, isikhumbuzo ngokushaya amacilongo, umhlangano ongcwele.

25 Ningasebenzi msebenzi, ninikele ngomnikelo womlilo kuJehova.

26 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

27 Kepha ngolweshumi lwaleyo nyanga yesikhombisa kulusuku lokubuyisana; anoba nomhlangano ongcwele, nithobise imiphefumulo yenu, ninikele ngomnikelo womlilo kuJehova.

28 Ningasebenzi msebenzi ngalolo suku, ngokuba kulusuku lokubuyisana ukunenzela ukubuyisana phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu.

29 Ngokuba yilowo nalowo muntu ongathotshiswa ngalolo suku uyakunqunywa kubantu bakubo.

30 Yilowo nalowo muntu owenza umsebenzi othile ngalolo suku, lowo muntu ngiyakumbhubhisa, angabikho kubantu bakubo.

31 Ningasebenzi msebenzi; kuyisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu ezindlini zenu zonke.

32 Kuyakuba yisabatha lokuphumula okuzothileyo kini, nithobise imiphefumulo yenu; ngolwesishiyagalolunye lwenyanga kusihlwa, kusukela kusihlwa kuze kube kusihlwa, anogcina isabatha lenu.

33 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

34 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Ngosuku lweshumi nanhlanu lwaleyo nyanga yesikhombisa kungumkhosi wamadokodo izinsuku eziyisikhombisa kuJehova.

35 Ngosuku lokuqala kuyakuba ngumhlangano ongcwele, ningasebenzi msebenzi.

36 Izinsuku eziyisikhombisa niyakunikela ngomnikelo womlilo kuJehova; ngosuku lwesishiyagalombili nibe nomhlangano ozothileyo, ninikele

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ngomnikelo womlilo kuJehova; kungumhlangano wokugcina; ningasebenzi msebenzi.

37 Le iyimikhosi emisiweyo kaJehova eniyakuyimemezela ibe yimihlangano engcwele ukunikela ngomnikelo womlilo kuJehova, umnikelo wokushiswa nomnikelo wempuphu, umhlatshelo neminikelo yokuphuzwa, kube yilowo nalowo ngosuku lwawo,

38 ngaphandle kwamasabatha kaJehova, nangaphandle kwezipho zenu, nangaphandle kwezithembiso zenu zonke, nangaphandle kweminikelo yenu yonke yesihle eninikela ngayo kuJehova.

39 Kepha ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga yesikhombisa, lapho senibuthile izithelo zezwe, anogcina umkhosi kaJehova izinsuku eziyisikhombisa; ngosuku lokuqala makube ngukuphumula okuzothileyo, nangosuku lwesishiyagalombili kube ngukuphumula okuzothileyo.

40 Ngosuku lokuqala anothabatha izithelo zemithi emihle, namagatsha amasundu, nezingatsha zemithi edumbileyo, neminyezane yemifula, nethabe phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu izinsuku eziyisikhombisa.

41 Niyakuwugcina ube ngumkhosi kuJehova izinsuku eziyisikhombisa ngomnyaka; kuyisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu; niwugcine ngenyanga yesikhombisa.

42 Niyakuhlala emadokodweni izinsuku eziyisikhombisa, bonke abangabokuzalwa kwa-Israyeli bahlale emadokodweni,

43 ukuze izizukulwane zenu zazi ukuthi ngabahlalisa abantwana bakwa-Israyeli emadokodweni ekubakhipheni kwami ezweni laseGibithe, nginguJehova uNkulunkulu wenu.

44 UMose wabatshela-ke abantwana bakwa-Israyeli imikhosi emisiweyo kaJehova.

## ULevitikusi 24

### Imithetho yothi lwezibani

1 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Yala abantwana bakwa-Israyeli ukuba balethe kuwe amafutha eminqumo acwengekileyo agxotshelwe ukukhanyisa, ukuba izibani zivuthe njalonjalo.

3 Ngaphandle kwesihenqo sobufakazi etendeni lokuhlangana u-Aroni uyakuzilungisa njalo phambi kukaJehova, aqale kusihlwa kuze kuse; kuyakuba yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu,

4 alungise njalo izibani othini olucwengekileyo phambi kukaJehova.

### Imithetho yezinkwa zokubukwa

5 Wothabatha impuphu ecolekileyo, upheke ngayo amaqebelengwane ayishumi nambili, iqebelengwane linye libe nokweshumi okubili.

6 Wowabeka izinqwaba ezimbili, ayisithupha abe senqwabeni inye etafuleni elicwengekileyo phambi kukaJehova.

7 Uyakubeka inhlaka ecwengekileyo ezinqwabeni zombili, ibe yisikhumbuzo esinkweni nomnikelo womlilo kuJehova.

8 Amasabatha ngamasabatha uyakuzihlela phambi kukaJehova njalo; kungenxa yabantwana bakwa-Israyeli, kuyisivumelwano esiphakade.

9 Ziyakuba ngezika-Aroni nezamadodana akhe, bazidlele endaweni engcwele, ngokuba zingcwelengcwele, zingezakhe phakathi kweminikelo yomlilo kaJehova ngesimiso esiphakade.

### Isijeziso sohlambalaza uNkulunkulu

10 Indodana yowesifazane wakwa-Israyeli, uyise wayo engowaseGibithe, yaphuma yaya phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli; indodana yowesifazane wakwa-Israyeli nomuntu wakwa-Israyeli baxabana ekamu;

11 indodana yowesifazane wakwa-Israyeli yahlambalaza iGama, yathuka; yalethwa kuMose. Igama likanina lalinguShelomiti indodakazi kaDibiri, owesizwe sakwaDani.

12 Bayifaka etilongweni ukuba batshelwe ngomlomo kaJehova.

13 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[14] Mkhiphele ngaphandle kwekamu lowo othukile; bonke abamuzwa mababeke izandla zabo ekhanda lakhe, inhlangano yonke imkhande ngamatshe.

[15]Uyakukhuluma kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Yilowo nalowo oqalekisa uNkulunkulu wakhe uyakuthwala isono sakhe.

[16] Ohlambalaza igama likaJehova wobulawa nokubulawa, yonke inhlangano imkhande nokumkhanda ngamatshe; umfokazi noma owokuzalwa ekhaya, nxa ehlambalaza igama likaJehova, wobulawa.

### Imithetho yezijeziso

[17] Oshaya umuntu aze afe wobulawa nokubulawa.

[18]Oshaya inkomo ize ife uyakuyikhokha, kube ngukuphila ngokuphila.

[19] Uma umuntu elimaza umakhelwane wakhe, njengalokho enzile yena kuyakwenziwa kanjalo kuye,

[20] kube ngukwaphuka ngokwaphuka, neso ngeso, nezinyo ngezinyo; njengalokho elimazile umuntu, kanjalo kuyakwenziwa kuye.

[21]Obulala inkomo woyikhokha; obulala umuntu wobulawa.

[22]Niyakuba nomthetho munye kumfokazi nakowokuzalwa ekhaya; ngokuba ngiнguJehova uNkulunkulu wenu.

[23]UMose wakhuluma-ke kubantwana bakwa-Israyeli; bamkhiphela othukileyo ngaphandle kwekamu, bamkhanda ngamatshe. Abantwana bakwa-Israyeli benza njengalokho uJehova emyalile uMose.

## ULevitikusi 25

### Umnyaka wesabatha nowejubili*

[1]UJehova wakhuluma kuMose entabeni yaseSinayi, wathi:

[2] Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa nifika ezweni engininika lona, izwe liyakumgcinela uJehova isabatha.

[3]Iminyaka eyisithupha uyakulima insimu yakho, iminyaka eyisithupha uyakuthena isivini sakho, ubuthe izithelo zaso,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

4kepha ngomnyaka wesikhombisa kuyakuba khona isabatha lokuphumula
okuzothileyo kwezwe, isabatha kuye uJehova; awuyikulima insimu yakho,
ungatheni isivini sakho.

5Amakhikhizela esivuno sakho awuyikuwavuna, nezithelo zomvini wakho
ongatheniwe awuyikuzikha; kuyakuba ngumnyaka wokuphumula
okuzothileyo kwezwe.

6Isabatha lezwe liyakuba ngukudla kwenu, okwakho nokwenceku yakho
nokwencekukazi yakho nokomqashwa wakho nokomfokazi wakho
ogogobeleyo kuwe;

7nakuzo izinkomo zakho nezilwane ezisezweni konke ukuthela kwalo
kuyakuba ngukudla.

8 Uyakuzibalela amasabatha ayisikhombisa eminyaka, iminyaka
eyisikhombisa iphindwe kasikhombisa, kube kuwe izinsuku zamasabatha
ayisikhombisa eminyaka, kube yiminyaka engamashumi amane
nesishiyagalolunye.

9 Uyakuthuma izwi lecilongo elizwakala kakhulu ngolweshumi lwenyanga
yesikhombisa; ngosuku lokubuyisana niyakuthuma izwi lecilongo ezweni
lonke lakini.

10 Niyakuwungcwelisa umnyaka wamashumi ayisihlanu, nimemezele
inkululeko ezweni lonke kubo bonke abakhileyo kulo; kuyakuba yijubili kini,
nibuyele, kube yilowo nalowo efeni lakhe, nibuyele, kube yilowo nalowo
kwabomndeni wakhe.

11Lo mnyaka wamashumi ayisihlanu uyakuba yijubili kini; aniyikulima,
ningavuni amakhikhizela awo, ningakhi ngawo ezomvini ongatheniwe.

12Ngokuba uyijubili; uyakuba ngcwele kini, nidle izithelo zawo zasensimini.

13 Ngalowo mnyaka wejubili niyakubuyela, kube yilowo nalowo efeni lakhe.

14 Uma uthengisa ngotho kumakhelwane wakho noma uthenga esandleni
somakhelwane wakho, ningadlani;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15njengenani leminyaka esemva kwejubili uyakuthenga kumakhelwane wakho nanjengenani leminyaka yezithelo uyakuthengisa kuwe.

16Ngobuningi beminyaka uyakwandisa intengo yalo nangobuncane beminyaka uyakunciphisa intengo yalo; ngokuba uthengisa kuwe ngenani lezithelo.

17Aniyikudlana, kepha uyakwesaba uNkulunkulu wakho, ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wakho.

18 Ngalokho anozenza izimiso zami, nigcine izahlulelo zami, nizenze, nihlale ezweni nilondekile.

19Izwe liyakuthela izithelo zalo, nidle nisuthe, nihlale kulo nilondekile.

20Uma nisho ukuthi: Siyakudlani ngomnyaka wesikhombisa? Bheka, asiyikulima, asiyikubutha ukudla kwethu,

21khona ngiyakuyala isibusiso sami sehlele phezu kwenu ngomnyaka wesithupha, uze uthele ukudla kweminyaka emithathu.

22Niyakulima ngomnyaka wesishiyagalombili, nidle izithelo zikanyasa; uze ufike umnyaka wesishiyagalolunye, kungene izithelo zawo, niyakudla unyasa.

23 Akuyikuthengiswa ngezwe kuze kube phakade, ngokuba izwe lingelami, nina-ke ningabafokazi nabagogobeleyo kimi.

24Ezweni lonke lefa lenu niyakuvuma ukuhlengwa kwezwe.

25 Uma umfowenu eba mpofu, athengise ngefa lakhe, kuyakufika isihlobo sakhe, sihlenge lona umfowabo athengisile ngalo.

26Uma umuntu engenaye ongalihlenga, kodwa ebeseba ngocebileyo, athole okwanele ukulihlenga,

27makabale iminyaka selokhu kwathengiswa ngalo, abuyisele okudluleleyo kulowo muntu athengisa kuye ngalo, aze abuyele efeni lakhe.

28Uma engatholi amandla okuzibuyiselela lona, lelo athengise ngalo liyakusala esandleni solithengileyo, uze ufike umnyaka wejubili; ngejubili liyakuphuma, yena abuyele efeni lakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29 Uma umuntu ethengisa ngendlu yokuhlala emzini onogange, angayihlenga ungakapheli umnyaka selokhu wathengisa ngayo, ngokuba umnyaka wonke uyakuba nelungelo lokuyihlenga.

30Uma ingahlengwanga umnyaka usuphelile, leyo ndlu esemzini onogange iyakuqiniswa ibe ngeyakhe owayithenga kuze kube phakade ezizukulwaneni zakhe; ayiyikuphuma ngejubili.

31Kepha izindlu zemizana engenalugange nxazonke ziyakubalwa kanye namasimu asemaphandleni; zingahlengwa, ziphume ngejubili.

32 Kodwa imizi yamaLevi, izindlu zemizi yefa lawo amaLevi angazihlenga noma nini.

33Uma umLevi engahlengi, indlu okwathengiswa ngayo nomuzi wefa lakhe kuyakuphuma ngejubili, ngokuba izindlu zemizi yamaLevi ziyifa lawo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

34 Izwe lamadlelo emizi yawo akunakuthengiswa ngalo, ngokuba liyifa lawo kuze kube phakade.

35 Uma umfowenu eba mpofu, engenamandla okukukhokhela, uyakumsekela, ahlale nawe njengomfokazi nogogobeleyo.

36Ungathathi kuye inzalo engafanele nenzuzo, kepha wesabe uNkulunkulu wakho, ukuze umfowenu ahlale nawe.

37Awuyikumnika imali yakho ngenzalo, ungamuphi ukudla kwakho ngenzuzo.

38NginguJehova uNkulunkulu wenu owanikhipha ezweni laseGibithe ukuninika izwe laseKhanani, ngibe nguNkulunkulu wenu.

39 Uma umfowenu eba mpofu ekuwe, azithengise kuwe, awuyikumsebenzisa njengesigqila,

40 kepha abe njengomqashwa nogogobeleyo kuwe; uyakusebenza kuwe kuze kufike umnyaka wejubili,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

41andukuba aphume kuwe, yena nabantwana bakhe kanye naye, abuyele
kwabomndeni wakhe, abuyele nasefeni lawoyise.

42Ngokuba bayizinceku zami engazikhipha ezweni laseGibithe;
akuyikuthengiswa ngazo zibe yizigqila.

43 Awuyikubusa kalukhuni phezu kwakhe, kepha wesabe uNkulunkulu
wakho.

44 Izigqila zakho nezigqilakazi zakho oyakuba nazo: niyakuzithenga izigqila
nezigqilakazi kwabezizwe abanizungezayo.

45Futhi kubantwana babafokazi abagogobeleyo kini, kubona niyakuthenga
nakwabomndeni wabo abakini ababazalile ezweni lakini, babe yifa lenu.

46Niyakubenza ifa labantwana benu emva kwenu ukuba babe yifa labo;
niyakuthatha kubo izigqila zenu kuze kube phakade; kepha aniyikubusa
kalukhuni phezu kwabafowenu, abantwana bakwa-Israyeli, omunye phezu
komunye.

47 Uma umfokazi noma ogogobeleyo kuwe eba ngocebileyo, umfowenu abe
mpofu kuye, azithengise kumfokazi noma kogogobeleyo kuwe noma
kowohlanga lwabomndeni wabafokazi,

48angahlengwa nxa sekuthengisiwe ngaye; omunye wabafowabo
angamhlenga;

49noma uyisekazi noma indodana kayisekazi angamhlenga; noma omunye
owakubo owabomndeni wakhe angamhlenga; noma eba ngocebileyo,
angazihlenga yena.

50Uyakubalisana nalowo owamthengayo, aqale ngomnyaka owazithengisa
kuye ngawo, kuze kube ngumnyaka wejubili; imali yentengiso iyakuba
njengenani leminyaka; uyakuba naye njengesikhathi somqashwa.

51Uma isasele iminyaka eminingi, njengayo uyakubuyisa intengo
yokuhlengwa kwakhe emalini athengwa ngayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

52Uma isasele iminyaka eyingcosana kuze kufike umnyaka wejubili, uyakubalisana naye; njengeminyaka yakhe uyakubuyisa imali yokuhlengwa kwakhe.

53Njengenceku eqashwa iminyaka ngeminyaka uyakuba naye; akayikubusa kalukhuni phezu kwakhe emehlweni akho.

54 Uma engahlengwanga ngalezo zindlela, uyakuphuma ngomnyaka wejubili, yena nabantwana bakhe kanye naye.

55Ngokuba abantwana bakwa-Israyeli bayizinceku kimi; bayizinceku zami engazikhipha ezweni laseGibithe; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

## ULevitikusi 26

### Isixwayiso ngokukhonza izithixo

1 Ningenzi izithombe, ningamisi izithombe ezibaziweyo noma insika; ningabeki itshe elinemifanekiso ezweni lakini ukukhothamela kulo; ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wenu.

2 Anogcina amasabatha ami, nihloniphe indlu yami engcwele; nginguJehova.

### Izithembiso kwabagcina umthetho

3 Uma nihamba ngezimiso zami, nigcine imiyalo yami, niyenze,

4ngiyakuninika imvula ngesikhathi sayo, izwe lithele ukudla kwalo, imithi yasendle ithele izithelo zayo.

5Ukubhula kwenu kuyakufinyelela ekuvunweni kwemivini, ukuvunwa kwemivini kuyakufinyelela esikhathini sokulima; niyakudla isinkwa senu, nisuthe, nihlale ezweni lakini nilondekile.

6 Ngiyakunika ukuthula ezweni, nilale phansi ningesatshiswa muntu; ngiyakuqothula izilwane ezimbi ezweni, nenkemba ayiyikudabula ezweni lakini.

7Niyakuxosha izitha zenu, ziwe phambi kwenu ngenkemba.

8Abayisihlanu kini bayakuxosha abayikhulu, nabayikhulu kini bayakuxosha izinkulungwane eziyishumi, izitha zenu ziwe phambi kwenu ngenkemba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ngiyakuninaka, nginenze ukuba nizale, nande, ngimise isivumelwano sami nani.

10 Niyakudla unyasa omdala, nikhiphe unyasa ngenxa yokusha.

11 Ngiyakubeka itabernakele lami phakathi kwenu, umphefumulo wami awuyikunengwa yinina.

12 Ngiyakuhamba phakathi kwenu, ngibe nguNkulunkulu wenu, nibe ngabantu bami.

13 NginguJehova uNkulunkulu wenu owanikhipha ezweni laseGibithe ukuba ningabi yizigqila zabo; ngaphulile izikeyi zejoka lenu, ngenza ukuba nihambe niluleme.

### Ukusongelwa kwabeqayo umthetho

14 Kepha uma ningalaleli, ningayenzi yonke le miyalo,

15 uma nilahla izimiso zami, uma umphefumulo wenu unengwa yizahlulelo zami, ukuze ningayenzi yonke imiyalo yami, kepha naphule isivumelwano sami,

16 nami ngiyakwenza lokhu kini; ngiyakunehlisela ingebhe nesifuba nomkhuhlane oyakuqeda amehlo, udangalise umphefumulo; niyakuhlwanyela ngeze imbewu yenu, ngokuba izitha zenu ziyakuyidla.

17 Ngiyakubeka ubuso bami bumelane nani, nibulawe phambi kwezitha zenu; abanizondayo bayakubusa phezu kwenu, nibaleke ningaxoshwa muntu.

18 Kepha uma ningangilaleli nangalezo zinto, ngiyakubuye nginishaye kasikhombisa ngezono zenu.

19 Ngiyakwaphula ukuzidla kwamandla enu, ngenze izulu lenu libe njengensimbi, nomhlabathi wenu ube njengethusi.

20 Amandla enu ayakuchithwa ngeze, ngokuba izwe lakini aliyikuthela ukudla kwalo, nemithi yezwe ayiyikuthela izithelo zayo.

21 Uma nihamba niphambene nami, ningangilaleli, ngiyakubuye nginehlisele izinhlupheko ziphindwe kasikhombisa njengezono zenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

22Ngiyakuthuma phakathi kwenu izilo zasendle eziyakunaphuca abantwana benu, zibulale izinkomo zenu, zininciphise, izindlela zenu zibe yihlane.

23 Kepha uma ningaxwayiswa yimi ngalezo zinto, kodwa nihamba niphambene nami,

24 nami ngiyakuhamba ngiphambene nani, nginishaye, yebo, mina, kasikhombisa ngezono zenu.

25Ngiyakunehlisela inkemba yempindiselo eyakuphindisela isivumelwano sami; senibuthelwe emizini yenu, ngiyakuthuma isifo phakathi kwenu, ninikelwe esandleni sesitha.

26 Nxa ngaphula uzime lwesinkwa, abesifazane abayishumi bayakupheka isinkwa sakho eziko linye, babuyise isinkwa senu ngesisindo; niyakudla ningasuthi.

27 Kepha uma ningangilaleli nangazo zonke lezo zinto, kodwa nihamba niphambene nami,

28nami ngiyakuhamba ngiphambene nani ngokufutheka, ngikushaye kasikhombisa ngezono zakho.

29 Niyakudla inyama yamadodana enu, nenyama yamadodakazi enu niyakuyidla.

30Ngiyakuchitha izindawo zenu eziphakemeyo, nginqume ama-altare enu empepho, ngilahle izidumbu zenu phezu kwezidumbu zezithombe zenu; umphefumulo wami uyakunengwa yinina.

31 Ngiyakuyenza imizi yenu ibe yizwekufa, ngizenze izindlu zenu ezingcwele zibe yincithakalo; angisayikuhogela unqambothi lwamaphunga lwenu olumnandi.

32Ngiyakulenza izwe libe yincithakalo; izitha zenu ezihlala kulo ziyakumangala ngakho.

33 Nina-ke ngiyakunihlakazela ezizweni, ngihoshe inkemba emva kwenu, izwe lakini libe yincithakalo, nemizi yenu ibe yizwekufa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34 Khona izwe liyakuthokoza ngamasabatha alo ngesikhathi lihlezi lichithekile, nina nisekhona ezweni lezitha zenu; khona izwe liyakuphumula, lithokoze ngamasabatha alo.

35Ngesikhathi lihlezi lichithekile liyakuphumula, lokho kuphumula elalingenakho ngamasabatha enu, lapho nanisahlezi kulo.

36 Abaseleyo bakini ngiyakubehlisela itwetwe ezinhliziyweni zabo emazweni ezitha zabo; ubuhashahasha beqabunga elinyakaziswayo buyakubaxosha, babaleke njengalokhu umuntu ebalekela inkemba, bawe bengaxoshwa muntu.

37Bayakukhubeka, omunye phezu komunye, kungathi kuphambi kwenkemba, bengaxoshwa muntu; aniyikuba namandla okuma phambi kwezitha zenu.

38Niyakubhubha phakathi kwezizwe, izwe lezitha zenu linidle.

39Abaseleyo bakini bayakonda ngobubi babo emazweni ezitha zenu, nangobubi bawoyise bayakonda kanye nabo.

40 Bayakuvuma ububi babo nobubi bawoyise ngeziphambeko zabo abaphambeka ngazo kimi, nokuthi njengokuba bahamba bephambene nami,

41nami ngahamba ngiphambene nabo, ngabayisa ezweni lezitha zabo; uma-ke izinhliziyo zabo ezingasokile zithobeka, besamukela isijeziso sobubi babo,

42ngiyakukhumbula isivumelwano sami noJakobe; nesivumelwano sami no-Isaka, nesivumelwano sami no-Abrahama ngiyakusikhumbula, ngilikhumbule nezwe.

43Izwe liyakushiywa yibo, lithokoze ngamasabatha alo, lisahlezi lichithekile, lingenabo; bayakwamukela isijeziso sobubi babo, ngokuba, yebo, ngokuba balahla izahlulelo zami nangokuba umphefumulo wabo wanengwa yizimiso zami.

44 Kepha uma kunjalo, sebekhona ezweni lezitha zabo, angiyikubalahla, nginganengwa yibo, ukuze ngibaqothule, ngisaphule isivumelwano sami nabo, ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wabo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

45kepha ngenxa yabo ngiyakukhumbula isivumelwano sawokhokho babo
engabakhipha ezweni laseGibithe emehlweni ezizwe ukuba ngibe
nguNkulunkulu wabo; ngingu Jehova.

46Lezo ziyizimiso nezahlulelo nemithetho akwenzayo uJehova phakathi
kwakhe nabantwana bakwa-Israyeli entabeni yaseSinayi ngesandla sikaMose.

## ULevitikusi 27

### Umthetho wezithembiso

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa umuntu enza isithembiso
esithile, lapho uyakulinganisa abantu kuJehova,

3ukulinganisa kwakho owesilisa, kusukela koneminyaka engamashumi
amabili kuze kube koneminyaka engamashumi ayisithupha, kuyakuba
ngamashekeli angamashumi ayisihlanu esiliva ngokweshekeli lendlu
engcwele.

4Uma kungowesifazane, ukulinganisa kwakho kuyakuba ngamashekeli
angamashumi amathathu.

5Uma kusukela koneminyaka eyisihlanu kuze kube koneminyaka
engamashumi amabili, ukulinganisa kwakho owesilisa kuyakuba
ngamashekeli angamashumi amabili, nowesifazane amashekeli ayishumi.

6Uma kusukela konenyanga kuze kube koneminyaka eyisihlanu, ukulinganisa
kwakho owesilisa kuyakuba ngamashekeli ayisihlanu esiliva, nokulinganisa
kwakho owesifazane kuyakuba ngamashekeli amathathu esiliva.

7Uma kusukela koneminyaka engamashuni ayisithupha kuya phezulu,
nalapho kungowesilisa, ukulinganisa kwakho kuyakuba ngamashekeli
ayishumi nanhlanu, nowesifazane kube ngamashekeli ayishumi.

8Kepha uma empofu kunokulinganisa kwakho, uyakubekwa phambi
kompristi, umpristi amlinganise; umpristi uyakumlinganisa ngokwamandla
akhe owathembisayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Uma kuyizilwane okunganikelwa ngazo kuJehova, zonke ezinjalo umuntu anikela ngazo kuJehova ziyakuba ngcwele.

10Akayikuziphambanisa, angazenani ngezinye, esihle ngesibi nesibi ngesihle; uma enana nokwenana isilwane ngesilwane, sona leso kanye naso okwenanwa ngaso ziyakuba ngcwele.

11Uma kuyisilwane esingcolileyo okunganikelwa ngaso kuJehova, uyakusibeka isilwane phambi kompristi,

12umpristi asilinganise, noma sihle noma sibi; njengalokho wena mpristi ulinganisa, kuyakuba njalo.

13Kepha uma ethanda ngempela ukusihlenga, uyakuthasisela okwesihlanu kwaso kukho ukulinganisa kwakho.

14 Nxa umuntu eyakungcwelisa indlu yakhe ibe ngcwele kuJehova, umpristi uyakuyilinganisa uma inhle noma imbi; njengalokhu umpristi eyilinganisa, kuyakuba njalo.

15Uma oyingcwelisayo ethanda ukuyihlenga indlu yakhe, uyakuthasisela okwesihlanu kwemali yokulinganisa kwakho, ibe ngeyakhe.

16 Uma umuntu eyakumngcwelisela uJehova inxenye yensimu yefa lakhe, ukulinganisa kwakho kuyakuba njengokuhlwanyelwa kwayo, ukuhlwanyelwa kwehomere lebhali kube ngamashekeli angamashumi ayisihlanu esiliva.

17Uma engcwelisa insimu yakhe kusukela emnyakeni wejubili, iyakuma ngokulinganisa kwakho.

18Kepha uma ungcwelisa insimu emva kwejubili, umpristi uyakumbalela imali ngeminyaka eseleyo kuze kufike umnyaka wejubili, kuncishiswe ukulinganisa kwakho.

19Uma ongcwelisa insimu ethanda ngempela ukuyihlenga, uyakuthasisela kuyo okwesihlanu kwemali yokulinganisa kwakho, iqiniswe kuye.

20Uma engahlengi insimu, noma ethengisile ngensimu komunye umuntu, ayisayikuhlengwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

21Kepha insimu ekuphumeni kwayo ngejubili iyakuba ngcwele kuJehova njengensimu eyahlukaniswayo; iyakuba yifa lompristi.

22 Uma engcwelisela uJehova insimu ayithengileyo, engesiyo insimu yefa lakhe,

23umpristi uyakumbalela imali yokulinganisa kwakho kuze kufike umnyaka wejubili, anike ukulinganisa kwakho ngalolo suku kube yinto engcwele kuJehova.

24 Ngomnyaka wejubili insimu iyakubuyela kuye eyathengwa kuye, yebo, kuye olifa lensimu lingelakhe.

25Konke ukulinganisa kwakho kuyakuba ngokweshekeli lendlu engcwele; amagera angamashumi amabili ayakuba yishekeli.

26 Kepha izibulo lezilwane elenziwe libe yizibulo kuJehova aliyikungcweliswa muntu; noma liyinkabi noma liyimvu, lingelikaJehova.

27Uma kungelesilwane esingcolileyo, uyakulihlenga ngokulinganisa kwakho, athasisele kukho okwesihlanu kwakho; uma lingahlengwa, kuyakuthengiswa ngalo ngokulinganisa kwakho.

28 Nokho into yonke eyahlukaniswa, umuntu ayahlukanisela uJehova kukho konke anakho, noma abantu, noma izilwane, noma insimu yefa lakhe, akuyikuthengiswa ngayo, ingahlengwa; konke okwahlukanisiwe kungcwelengcwele kuJehova.

29 Akukho muntu owaqalekiswayo, owaqalekiswa kubantu, ongahlengwa; wobulawa nokubulawa.

**Okweshumi**

30 Nokweshumi konke kwezwe, okwembewu yezwe noma okwezithelo zemithi, kungokukaJehova; kungcwele kuJehova.

31Uma umuntu ethanda ukuhlenga okuthile okokweshumi kwakhe, uyakuthasisela kukho okwesihlanu kwakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32Konke okweshumi kwezinkomo noma okwezimvu, zonke ezidlula phansi
kwentonga, okweshumi kuyakuba ngcwele kuJehova.

33Akayikuhlola, uma kuhle noma kubi, angakwenani ngokunye; kepha uma
ngempela ekwenana ngokunye, lokhu nalokho akwenana ngakho kuyakuba
ngcwele; akuyikuhlengwa.

34Leyo iyimiyalo uJehova ayala ngayo uMose ngabantwana bakwa-Israyeli
entabeni yaseSinayi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UNumeri

## UNumeri 1

### Ukubalwa kwabantu bakwa-Israyeli ehlane laseSinayi

1UJehova wakhuluma kuMose ehlane laseSinayi etendeni lokuhlangana ngolokuqala lwenyanga yesibili ngomnyaka wesibili emva kokuphuma kwabo eGibithe, wathi:

2 Balani umumo wenhlangano yonke yabantwana bakwa-Israyeli ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama abo, bonke abesilisa ngezinhloko zabo;

3kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abakwa-Israyeli abangaphuma impi, wena no-Aroni anobabala ngamabandla abo.

4Kanye nani kuzakuba khona indoda ibe nye kuleso naleso sizwe, yileyo naleyo ibe yinhloko yendlu kayise.

5Lawa angamagama amadoda ayakuma nani: kwaRubeni: u-Elisuri indodana kaShedewuri.

6KwaSimeyoni: uShelumiyeli indodana kaSurishadayi.

7KwaJuda: uNaheshoni indodana ka-Aminadaba.

8Kwa-Isakare: uNethaneli indodana kaSuwari.

9KwaZebuloni: u-Eliyabe indodana kaHeloni.

10Kubantwana bakwaJosefa: kwa-Efrayimi: u-Elishama indodana ka-Amihudi; kwaManase: uGamaliyeli indodana kaPedasuri.

11KwaBenjamini: u-Abidani indodana kaGideyoni.

12KwaDani: u-Ahiyezeri indodana ka-Amishadayi.

13Kwa-Asheri: uPagiyeli indodana ka-Okirani.

14KwaGadi: u-Eliyasafa indodana kaDehuweli.

15KwaNafetali: u-Ahira indodana ka-Enani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Yilabo ababebizwa enhlanganweni, izikhulu zezizwe zawoyise; babe yizinhloko zemizi yakwa-Israyeli.

17OMose no-Aroni base bethatha lawo madoda aseshiwo ngamagama.

18Babutha inhlangano yonke ngolokuqala lwenyanga yesibili, basho okhokho babo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, ngezinhloko zabo.

19Njengalokho uJehova eyalile uMose, wababala kanjalo ehlane laseSinayi.

20Abantwana bakwaRubeni, izibulo lika-Israyeli, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, ngezinhloko zabo, bonke abesilisa kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

21labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaRubeni, babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nesithupha namakhulu ayisihlanu.

22Kubantwana bakwaSimeyoni, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise, labo ababalwayo kubo njengokomumo wamagama, ngezinhloko zabo, bonke abesilisa kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

23labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaSimeyoni, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nesishiyagalolunye namakhulu amathathu.

24Kubantwana bakwaGadi, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

25labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaGadi, babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nanhlanu namakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26 Kubantwana bakwaJuda, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

27 labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaJuda, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa nane namakhulu ayisithupha.

28 Kubantwana bakwa-Isakare, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

29 labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwa-Isakare, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nane namakhulu amane.

30 Kubantwana bakwaZebuloni, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

31 labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaZebuloni, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nesikhombisa namakhulu amane.

32 Kubantwana bakwaJosefa, okungukuthi kubantwana bakwa-Efrayimi, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili, bonke abangaphuma impi:

33 labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwa-Efrayimi, babe yizinkulungwane ezingamashumi amane namakhulu ayisihlanu.

34 Kubantwana bakwaManase, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

35 labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaManase, babe yizinkulungwane ezingamashumi amathathu nambili namakhulu amabili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

36Kubantwana bakwaBenjamini, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

37labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaBenjamini, babe yizinkulungwane ezingamashumi amathathu nanhlanu namakhulu amane.

38Kubantwana bakwaDani, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

39labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaDani, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisithupha nambili namakhulu ayisikhombisa.

40Kubantwana bakwa-Asheri, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuyo phezulu, bonke abangaphuma impi:

41labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwa-Asheri, babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nanye namakhulu ayisihlanu.

42Kubantwana bakwaNafetali, izizukulwane zabo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise njengokomumo wamagama, kusukela kwabenminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abangaphuma impi:

43labo ababalwayo kubo, abesizwe sakwaNafetali, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nantathu namakhulu amane.

44Yilabo ababalwayo, ababalwa nguMose nangu-Aroni kanye nezikhulu zakwa-Israyeli, zingamadoda ayishumi nambili, kwaba yileyo naleyo yamela indlu kayise.

45Bonke ababalwayo babantwana bakwa-Israyeli ngezindlu zawoyise kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, bonke abakwa-Israyeli abangaphuma impi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

46 bonke ababalwayo babe yizinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha nantathu namakhulu ayisihlanu namashumi ayisihlanu.

47 Kepha amaLevi ngokwesizwe sawoyise awabalwanga phakathi kwabo.

48 Ngokuba uJehova wakhuluma kuMose, wathi:

49 Isizwe sakwaLevi kuphela awuyikusibala, ungabali umumo waso phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli,

50 kepha beka amaLevi phezu kwetabernakele lobufakazi, naphezu kwazo zonke izimpahla zalo, nakho konke okwalo; ayakuthwala itabernakele nayo yonke impahla yalo; ayakukhonza kulo, amise alihaqe.

51 Ekusukeni kwetabernakele amaLevi ayakulisusa, ekumisweni kwalo amaLevi alimise; umfokazi osondelayo uyakubulawa.

52 Abantwana bakwa-Israyeli bayakumisa amatende abo, kube yilowo nalowo ekamu labo, yilowo nalowo ngasebhaneleni labo, ngamabandla abo.

53 Kepha amaLevi ayakumisa nxazonke zetabernakele lobufakazi, ukuze kungabikho lulaka phezu kwenhlangano yabantwana bakwa-Israyeli, amaLevi agcine izimfanelo zetabernakele lobufakazi.

54 Abantwana bakwa-Israyeli benze njalo; benza kukho konke njengalokho uJehova emyalile uMose.

## UNumeri 2

### Imithetho yezindawo zezizwe ekamu* nasekuhambeni

1 UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

2 Abantwana bakwa-Israyeli bayakumisa, kube yilowo nalowo ngasebhaneleni lakhe ngasezibonisweni zezindlu zawoyise; bayakumisa nxazonke maqondana netende lokuhlangana.

3 Abamisa ngasempumalanga ngasekuphumeni kwelanga bayakuba ngabebhanela lekamu lakwaJuda ngamabandla abo; isikhulu sabantwana bakwaJuda sibe nguNaheshoni indodana ka-Aminadaba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

4Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa nane namakhulu ayisithupha.

5Abamisa eceleni kwakhe bayakuba yisizwe sakwa-Isakare; isikhulu sabantwana bakwa-Isakare siyakuba nguNethaneli indodana kaSuwari;

6ibandla lakhe nalabo ababalwayo kulo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nane namakhulu amane.

7Isizwe sakwaZebuloni: isikhulu sabantwana bakwaZebuloni siyakuba ngu-Eliyabe indodana kaHeloni;

8ibandla lakhe nalabo ababalwayo kulo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nesikhombisa namakhulu amane.

9Bonke ababalwayo bekamu lakwaJuda babe yizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nesithupha namakhulu amane ngamabandla abo. Labo bayakusuka kuqala.

10Ibhanela lekamu lakwaRubeni liyakuba ngaseningizimu ngamabandla abo; isikhulu sabantwana bakwaRubeni siyakuba ngu-Elisuri indodana kaShedewuri.

11Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kulo babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nesithupha namakhulu ayisihlanu.

12Abamisa eceleni kwakhe bayakuba yisizwe sakwaSimeyoni; isikhulu sabantwana bakwaSimeyoni siyakuba nguShelumiyeli indodana kaSurishadayi.

13Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nesishiyagalolunye namakhulu amathathu.

14Nesizwe sakwaGadi: isikhulu sabantwana bakwaGadi siyakuba ngu-Eliyasafa indodana kaRehuweli.

15Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nanhlanu namakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Bonke ababalwayo bekamu lakwaRubeni babe yizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisihlanu nanye namakhulu amane namashumi ayisihlanu ngamabandla abo. Labo bayakusuka babe ngabesibili.

17 Itende lokuhlangana liyakusuka kanye nekamu lamaLevi, liphakathi kwamakamu; njengalokhu bemisa, kanjalo bayakusuka, kube yilowo nalowo muntu endaweni yakhe, ngamabhanela abo.

18 Ibhanela lekamu lakwa-Efrayimi liyakuba ngasentshonalanga ngamabandla abo; isikhulu sabantwana bakwa-Efrayimi siyakuba ngu-Elishama indodana ka-Amihudi.

19 Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amane namakhulu ayisihlanu.

20 Eceleni kwakhe kuyakuba khona isizwe sakwaManase; isikhulu sabantwana bakwaManase siyakuba nguGamaliyeli indodana kaPedasuri.

21 Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amathathu nambili namakhulu amabili.

22 Nesizwe sakwaBenjamini; isikhulu sabantwana bakwaBenjamini siyakuba ngu-Abidani indodana kaGideyoni.

23 Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amathathu nanhlanu namakhulu amane.

24 Bonke ababalwayo bekamu lakwa-Efrayimi babe yizinkulungwane eziyikhulu nesishiyagalombili nekhulu ngamabandla abo. Labo bayakusuka babe ngabesithathu.

25 Ibhanela lekamu lakwaDani liyakuba ngasenyakatho ngamabandla abo; isikhulu sabantwana bakwaDani siyakuba ngu-Ahiyezeri indodana ka-Amishadayi.

26 Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisithupha nambili namakhulu ayisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

27 Abamisa eceleni kwakhe bayakuba yisizwe sakwa-Asheri; isikhulu sabantwana bakwa-Asheri siyakuba nguPagiyeli indodana ka-Okirani.

28 Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nanye namakhulu ayisihlanu.

29 Nesizwe sakwaNafetali: isikhulu sabantwana bakwaNafetali siyakuba ngu-Ahira indodana ka-Enani.

30 Ibandla lakhe nalabo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nantathu namakhulu amane.

31 Bonke ababalwayo bekamu lakwaDani babe yizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisihlanu nesikhombisa namakhulu ayisithupha. Labo bayakusuka babe ngabokugcina namabhanela abo.

32 Yilabo ababalwayo kubantwana bakwa-Israyeli ngezindlu zawoyise; bonke ababalwayo bamakamu ngamabandla abo babe yizinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha nantathu namakhulu ayisihlanu namashumi ayisihlanu.

33 Kepha amaLevi ayengabalwa phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, njengalokho uJehova emyalile uMose.

34 Benze njalo-ke abantwana bakwa-Israyeli: njengakho konke uJehova amyale ngakho uMose, kanjalo bamisa ngasemabhaneleni abo, kanjalo basuka, kwaba yilowo nalowo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise.

## UNumeri 3

### Ukubalwa kwamaLevi nokwamazibulo

1 Lezi ziyizizukulwane zika-Aroni nezikaMose ngalolo suku uJehova akhuluma ngalo kuMose entabeni yaseSinayi.

2 Lawa angamagama amadodana ka-Aroni: uNadabi izibulo, no-Abihu, no-Eleyazare, no-Itamari.

3 Yilawo angamagama amadodana ka-Aroni, abapristi abagcotshiweyo, abahlukaniselwa ukukhonza esikhundleni sobupristi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

4 ONadabi no-Abihu bafa phambi kukaJehova, benikela ngomlilo ongafanele ebusweni bukaJehova ehlane laseSinayi; babengenabantwana. Kwase kukhonza o-Eleyazare no-Itamari esikhundleni sobupristi ebusweni buka-Aroni uyise.

5UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

6 Sondeza isizwe sakwaLevi, usimise phambi kuka-Aroni, umpristi, ukuba simkhonze.

7Bayakugcina izimfanelo zakho nezimfanelo zenhlangano yonke phambi kwetende lokuhlangana ukwenza inkonzo yetabernakele.

8Bayakugcina yonke impahla yetende lokuhlangana nezimfanelo zabantwana bakwa-Israyeli ukwenza inkonzo yetabernakele.

9 Uyakunikela amaLevi ku-Aroni nakumadodana akhe; ayanikelwa ngempela kuye, evela kubantwana bakwa-Israyeli.

10 Uyakumisa u-Aroni namadodana akhe, bagcine ubupristi babo; umfokazi osondelayo uyakubulawa.

11UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

12 Mina ngikhiphile amaLevi phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli esikhundleni samazibulo onke avula isizalo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli; amaLevi ayakuba ngawami.

13 Ngokuba onke amazibulo angawami; ngalolo suku engabulala ngalo onke amazibulo ezweni laseGibithe ngazingcwelisela amazibulo onke kwa-Israyeli, awabantu nawezilwane; ayakuba ngawami; nginguJehova.

14UJehova wakhuluma kuMose ehlane laseSinayi, wathi:

15 Bala abantwana bakwaLevi ngezindlu zawoyise nangemindeni yabo; uyakubala bonke abesilisa kusukela kwabanenyanga kuya phezulu.

16UMose wababala njengezwi likaJehova, njengalokho wayalwa.

17 Lawa angamadodana kaLevi ngamagama awo: oGereshoni, noKohati, noMerari.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[18]Lawa angamagama amadodana kaGereshoni ngemindeni yawo: oLibini noShimeyi.

[19]Namadodana kaKohati ngemindeni yawo: o-Amramu, noJisihari, noHebroni, no-Uziyeli.

[20]Namadodana kaMerari ngemindeni yawo: oMaheli noMushi. Leyo iyimindeni yamaLevi ngezindlu zawoyise.

[21]KwaGereshoni kwavela umndeni wamaLibini nomndeni wamaShimeyi; yileyo eyimindeni yamaGereshoni.

[22]Labo ababalwayo kubo njengokomumo wabesilisa bonke kusukela kwabanenyanga kuya phezulu, ababalwayo kubo babe yizinkulungwane eziyisikhombisa namakhulu ayisihlanu.

[23]Imindeni yamaGereshoni iyakumisa emva kwetabernakele ngasentshonalanga.

[24]Isikhulu sendlu kayise wamaGereshoni siyakuba ngu-Eliyasafa indodana kaLayeli.

[25]Imfanelo yamadodana kaGereshoni etendeni lokuhlangana iyakuba yitabernakele, netende, nesimbozo salo, neveli lomnyango wetende lokuhlangana,

[26]nezilenge zegceke, neveli lomnyango wegceke elingasetabernakele nangase-altare nxazonke, nezintambo zalo, nayo yonke inkonzo yalokho.

[27]KwaKohati kwavela umndeni wama-Amramu, nomndeni wamaJisihari, nomndeni wamaHebroni, nomndeni wama-Uziyeli; yileyo eyimindeni yamaKohati.

[28]Njengokomumo wabo bonke abesilisa kusukela kwabanenyanga kuya phezulu babe yizinkulungwane eziyisishiyagalombili namakhulu ayisithupha, begcina inkonzo yendlu engcwele.

[29]Imindeni yamadodana kaKohati iyakumisa eceleni kwetabernakele ngaseningizimu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30Isikhulu sendlu kayise wemindeni yamaKohati siyakuba ngu-Elisafani indodana ka-Uziyeli.

31Okugcinwa yibo kuyakuba ngumphongolo, netafula, nothi lwezibani, nama-altare, nezimpahla zendlu engcwele abakhonza ngazo, neveli, nayo yonke inkonzo yalokho.

32U-Eleyazare indodana ka-Aroni umpristi uyakuba yisikhulu sezikhulu zamaLevi, abonise abagcina inkonzo yendlu engcwele.

33KwaMerari kwavela umndeni wamaMaheli nomndeni wamaMushi; yileyo eyimindeni yamaMerari.

34Labo ababalwayo kubo njengokomumo wabesilisa bonke kusukela kwabanenyanga kuya phezulu babe yizinkulungwane eziyisithupha namakhulu amabili.

35Isikhulu sendlu kayise wemindeni yamaMerari sasinguSuriyeli indodana ka-Abihayili; bayakumisa eceleni kwetabernakele ngasenyakatho.

36Imfanelo emiselwe amadodana kaMerari iyakuba ngamapulangwe etabernakele, nemishayo yalo, nezinsika zalo, nezinyawo zalo, nezinto zonke zalo, nenkonzo yonke yalokho,

37nezinsika zegceke nxazonke, nezinyawo zazo, nezikhonkwane zazo, nezintambo zazo.

38Labo abamisa phambi kwetabernakele ngasempumalanga, ngaphambi kwetende lokuhlangana ngasekuphumeni kwelanga, bayakuba ngoMose no-Aroni namadodana akhe, begcina inkonzo yendlu engcwele, begcina imfanelo yabantwana bakwa-Israyeli; umfokazi osondelayo uyakubulawa.

39Bonke ababalwayo bamaLevi ababalwa nguMose nangu-Aroni ngesiyalezo sikaJehova ngemindeni yabo, bonke abesilisa kusukela kwabanenyanga kuya phezulu, babe yizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

40 UJehova wathi kuMose: Bala onke amazibulo esilisa abantwana bakwa-Israyeli kusukela kwabanenyanga kuya phezulu, ubale umumo wamagama abo.

41 Uyakungithabathela amaLevi nginguJehova esikhundleni samazibulo onke abantwana bakwa-Israyeli, nezinkomo zamaLevi esikhundleni samazibulo onke ezinkomo zabantwana bakwa-Israyeli.

42 UMose wabala, njengalokho uJehova emyalile, onke amazibulo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

43 Onke amazibulo esilisa njengokomumo wamagama kusukela kwabanenyanga kuya phezulu alabo ababalwayo kubo ayeyizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili namakhulu amabili namashumi ayisikhombisa nantathu.

44 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

45 Thabatha amaLevi esikhundleni samazibulo onke phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli nezinkomo zamaLevi esikhundleni sezinkomo zabo, amaLevi abe ngawami; nginguJehova.

46 Ukuba kuhlengwe labo abangamakhulu amabili namashumi ayisikhombisa nantathu bamazibulo abantwana bakwa-Israyeli abadlula amaLevi,

47 uyakuthabatha amashekeli ayisihlanu ngamunye ngenhloko; ngokweshekeli lendlu engcwele uyakuwathabatha ishekeli lingamagera angamashumi amabili;

48 umnike u-Aroni namadodana akhe imali umumo wabo odlulelayo ohlengwa ngayo.

49 UMose wayesethatha imali yokuhlenga kulabo abadlula abahlengiwe ngamaLevi;

50 kuwo amazibulo abantwana bakwa-Israyeli wayithatha imali, amashekeli ayinkulungwane namakhulu amathathu namashumi ayisithupha nanhlanu ngokweshekeli lendlu engcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

51 UMose wamnika u-Aroni namadodana akhe imali yokuhlenga njengezwi likaJehova, njengalokho uJehova emyalile uMose.

## UNumeri 4

### Umsebenzi wamaLevi

1 UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

2 Bala umumo wamadodana kaKohati phakathi kwamadodana kaLevi ngemindeni yawo nangezindlu zawoyise,

3 kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kufike kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena enkonzweni ukwenza umsebenzi etendeni lokuhlangana.

4 Nanku umsebenzi wamadodana kaKohati etendeni lokuhlangana: izinto ezingcwelengcwele.

5 Nxa ikamu lisuka, u-Aroni uyakungena kanye namadodana akhe, behlise iveli lesihenqo, basibekele umphongolo wobufakazi ngalo,

6 bawembese isikhumba samatahasi, bendlale phezu kwawo indwangu eluhlaza yonke, bafake izinti zawo.

7 Etafuleni lezinkwa zokubukwa bayakwendlala indwangu eluhlaza, babeke kuyo izingqwembe, nezinkezo, nezinkamba, nezindebe zokuthela; nesinkwa esinganqamukiyo siyakuba phezu kwalo.

8 Bayakwendlala phezu kwazo indwangu ebomvu, bayisibekele ngesikhumba samatahasi, bafake izinti zalo.

9 Bayakuthabatha indwangu eluhlaza, balusibekele uthi lwezibani, nezibani zalo, nezizenze zalo, nezitsha zalo zomlotha, nezitsha zonke zalo zamafutha abakhonza ngazo kulo;

10 bayakulufaka kanye nezinto zalo zonke esikhumbeni samatahasi, babeke konke ohlakeni.

11 E-altare legolide bayakwendlala indwangu eluhlaza, bayisibekele ngesikhumba samatahasi, bafake izinti zalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Bayakuthabatha zonke izitsha zokukhonza abakhonza ngazo endlini engcwele, bazifake endwangwini eluhlaza, bazisibekele ngesikhumba samatahasi, bazibeke ohlakeni.

13 Bayakususa umlotha e-altare, bendlale kulo indwangu ebubende,

14babeke kuyo zonke izinto zalo abakhonza ngazo kulo, imicengezi yempepho, nezimfoloko, namafosholo, nezitsha, nezinto zonke ze-altare, bendlale phezu kwazo isimbozo sesikhumba samatahasi, bafake izinti zalo.

15 Nxa u-Aroni namadodana akhe sebeqedile ukusibekela indlu engcwele nempahla yonke yendlu engcwele, lapho ikamu liyakusuka, emva kwalokho amadodana kaKohati ayakufika ukukuthwala, kepha awayikuthinta okungcwele, funa afe. Lezo zinto zingumthwalo wamadodana kaKohati etendeni lokuhlangana.

16 Imfanelo ka-Eleyazare indodana ka-Aroni umpristi iyakuba ngamafutha okukhanyisa nempepho ethaphukayo, nomnikelo wempuphu wemihla yonke, namafutha okugcoba; imfanelo yakhe iyitabernakele lonke nakho konke okukulo, indlu engcwele nezinto zayo.

17UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

18 Ninganqumi isizwe semindeni yamaKohati kumaLevi,

19kepha ukuba baphile, bangafi, lapho besondela ezintweni ezingcwelengcwele, nenze kanje kubo: u-Aroni namadodana akhe bayakungena, babamise, kube yilowo nalowo emsebenzini wakhe nasemthwalweni wakhe;

20 kepha abayikungena ukubona okungcwele nangesikhashana nje, funa bafe.

21UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

22 Bala umumo wamadodana kaGereshoni nawo ngezindlu zawoyise nangemindeni yawo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena enkonzweni ukwenza umsebenzi etendeni lokuhlangana.

24 Nanku umsebenzi wemindeni yamaGereshoni ngokukhonza nangokuthwala:

25bayakuthwala izilenge zetabernakele, netende lokuhlangana, nesimbozo salo, nesimbozo sesikhumba samatahasi esiphezu kwalo, neveli lomnyango wetende lokuhlangana,

26nezilenge zegceke, neveli lomnyango wesango legceke elingasetabernakele nangase-altare nxazonke, nezintambo zakho, nezinto zonke zokukhonza kwabo; nakho konke okwenzelwa zona bayakukwenza.

27Ngesiyalezo sika-Aroni nangesamadodana akhe uyakwenziwa wonke umsebenzi wamadodana amaGereshoni emithwalweni yawo yonke nasemisebenzini yawo yonke; niwamisele yonke imithwalo yawo ezakugcinwa yiwo.

28Lowo ungumsebenzi wemindeni yamadodana amaGereshoni etendeni lokuhlangana; okugcinwa yiwo kube phansi kwesandla sika-Itamari indodana ka-Aroni umpristi.

29 Amadodana kaMerari uwabale ngemindeni yawo nangezindlu zawoyise;

30kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu wobabala bonke abangena emsebenzini ukwenza umsebenzi wetende lokuhlangana.

31 Nakhu okuzakugcinwa yibo ukuba bakuthwale ngokomsebenzi wabo wonke etendeni lokuhlangana: amapulangwe etabernakele, nemishayo yalo, nezinsika zalo, nezinyawo zalo,

32nezinsika zegceke nxazonke, nezinyawo zazo, nezikhonkwane zazo, nezintambo zazo, nempahla yonke yazo, nenkonzo yonke yazo, nibamisele ngamagama impahla abafanele ukuyithwala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33Lowo ungumsebenzi wemindeni yamadodana kaMerari ngokomsebenzi wabo wonke etendeni lokuhlangana phansi kwesandla sika-Itamari indodana ka-Aroni umpristi.

34OMose no-Aroni nezikhulu zenhlangano babala amadodana amaKohati ngemindeni yawo nangezindlu zawoyise,

35kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabeneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena emsebenzini ukukhonza etendeni lokuhlangana;

36labo ababalwayo kubo ngemindeni yabo babe yizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisikhombisa namashumi ayisihlanu.

37Yilabo ababalwayo bemindeni yamaKohati, bonke abakhonza etendeni lokuhlangana, ababalwa nguMose nangu-Aroni njengesiyalezo sikaJehova ngesandla sikaMose.

38Labo ababalwayo bamadodana kaGereshoni ngemindeni yawo nangezindlu zawoyise,

39kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabeneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena emsebenzini ukukhonza etendeni lokuhlangana,

40labo ababalwayo kubo ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise babe yizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisithupha namashumi amathathu.

41Yilabo ababalwayo bemindeni yamadodana kaGereshoni, bonke abakhonza etendeni lokuhlangana, ababalwa nguMose nangu-Aroni njengesiyalezo sikaJehova.

42Labo ababalwayo bemindeni yamadodana kaMerari ngemindeni yawo nangezindlu zawoyise,

43kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabeneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena emsebenzini ukukhonza etendeni lokuhlangana,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

44 labo ababalwayo kubo ngemindeni yabo babe yizinkulungwane ezintathu namakhulu amabili.

45 Yilabo ababalwayo bemindeni yamadodana kaMerari ababalwa nguMose nangu-Aroni njengesiyalezo sikaJehova ngesandla sikaMose.

46 Bonke ababalwayo bamaLevi ababalwa nguMose nangu-Aroni nayizikhulu zakwa-Israyeli ngemindeni yabo nangezindlu zawoyise,

47 kusukela kwabaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu kuze kube kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu, bonke abangena ukwenza umsebenzi wenkonzo nomsebenzi wokuthwala etendeni lokuhlangana,

48 labo ababalwayo kubo babe yizinkulungwane eziyisishiyagalombili namakhulu ayisihlanu namashumi ayisishiyagalombili.

49 Njengesiyalezo sikaJehova babalwa ngesandla sikaMose, yilowo nalowo ngokomsebenzi wakhe nangokomthwalo wakhe. Base bebalwa-ke, njengalokho uJehova emyalile uMose.

## UNumeri 5

### Imithetho yokuhlanzeka kwekamu*

1 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Yala abantwana bakwa-Israyeli ukuba bakhiphe ekamu bonke abanochoko, nabo bonke abacucayo, nabo bonke abangcoliswe ngabafileyo,

3 nikhiphe abesilisa nabesifazane, nibakhiphele ngaphandle kwekamu ukuba bangangcolisi ikamu engihlala phakathi kwalo.

4 Abantwana bakwa-Israyeli benze njalo, babakhiphela ngaphandle kwekamu; njengalokho uJehova ekhulume kuMose, benze njalo-ke abantwana bakwa-Israyeli.

### Isijeziso sokuphambana noJehova

5 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Nxa owesilisa noma owesifazane enza isono esenziwa ngabantu ukuphambeka kuJehova, lowo muntu abeseba necala,

7uyakuvuma isono sakhe asenzileyo, alikhokhe icala lakhe ngokupheleleyo, athasisele kukho okwesihlanu, akunike lowo abenecala kuye.

8Kepha uma umuntu engenasihlobo elingakhokhelwa kuso icala, inkokhelo yecala eyenzelwa uJehova iyakuba ngeyompristi, ngaphandle kwenqama yokubuyisana ayakwenzelwa ukubuyisana ngayo.

9 Yonke iminikelo yokuphakanyiswa yezinto ezingcwele zabantwana bakwa-Israyeli abanikela ngayo kumpristi iyakuba ngeyakhe.

10Izinto ezingcwele zalowo nalowo ziyakuba ngezakhe; noma kungaba yini umuntu akunika umpristi, kuyakuba ngokwakhe.

**Imithetho yomfazi ophingayo**

11UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

12 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Uma umfazi womuntu eduka, aphambuke kuye,

13alale nenye indoda kusithekile emehlweni endoda yakhe, kufihlwe, angcoliswe, kungekho fakazi nokho ngaye, futhi engabanjwanga,

14afikelwe ngumoya wesikhwele, abenesikhwele ngomkakhe, yena engcolisiwe, noma efikelwe ngumoya wesikhwele, abenesikhwele ngomkakhe kodwa yena engangcoliswanga,

15 indoda iyakuletha umkayo kumpristi, imlethele umnikelo wakhe, ube ngokweshumi kwe-efa lempuphu yebhali, angatheli mafutha kuyo, angabeki nanhlaka kuyo, ngokuba kungumnikelo wempuphu wesikhwele, umnikelo wempuphu wesikhumbuzo sokukhumbuza ngobubi.

16 Umpristi uyakumsondeza, ambeke phambi kukaJehova,

17umpristi athathe amanzi angcwele esitsheni sebumba, athathe kulo uthuli oluphansi etabernakele, alufake emanzini,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18umpristi ambeke owesifazane phambi kukaJehova, athukululule izinwele zekhanda lowesifazane, afake umnikelo wempuphu wesikhumbuzo ezandleni zakhe, ongumnikelo wempuphu wesikhwele; umpristi abe namanzi ababayo esandleni sakhe aveza isiqalekiso.

19Umpristi amfungise, athi kowesifazane: Uma kungalalanga ndoda nawe, ungadukelanga ekungcoleni usephansi kwendoda yakho, mawukhululeke kulawa manzi ababayo aveza isiqalekiso;

20kepha uma udukile usephansi kwendoda yakho, futhi ungcolisiwe, kulale nawe enye indoda ngaphandle kwendoda yakho,

21umpristi uyakufungisa owesifazane ngesifungo sesiqalekiso, umpristi athi kowesifazane: UJehova makakwenze isiqalekiso nesifungo phakathi kwabantu bakini, lapho uJehova eshwabanisa ithanga lakho, avuvukalise isisu sakho.

22Lawa manzi aveza isiqalekiso ayakungena ezibilini zakho, avuvukalise isisu sakho, ashwabanise ithanga lakho. Owesifazane uyakuthi: Amen! Amen!

23 Umpristi uyakubala lezi ziqalekiso encwadini, azesule ngamanzi ababayo,

24aphuzise owesifazane amanzi ababayo aveza isiqalekiso; amanzi aveza isiqalekiso ayakungena kuye, ababe.

25Umpristi uyakuthatha umnikelo wempuphu wesikhwele esandleni sowesifazane, azulise umnikelo wempuphu phambi kukaJehova, awulethe e-altare;

26umpristi uyakucaphuna ukhweshe womnikelo wempuphu, ube yisikhumbuzo sawo, awushise e-altare, andukuba amphuzise owesifazane amanzi.

27Nxa esemphuzisile amanzi, kuyakuthi uma engcolisiwe waphambuka endodeni yakhe, amanzi aveza isiqalekiso angene kuye, ababe, isisu sakhe sivuvukale, ithanga lakhe lishwabane, owesifazane aqalekiswe phakathi kwabantu bakubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28Kepha uma owesifazane engangcolisiwe kodwa ehlambulukile, uyakukhululeka, athole inzalo.

29 Lowo ungumthetho wesikhwele, lapho umfazi esephansi kwendoda yakhe eduka, angcoliswe,

30noma lapho indoda ifikelwa ngumoya wesikhwele, ibe nesikhwele ngomkayo; khona iyakumbeka owesifazane phambi kukaJehova, umpristi agcine wonke lo mthetho kuye.

31Indoda iyakukhululeka ebubini, kepha owesifazane uyakubuthwala ububi bakhe.

## UNumeri 6

### Isithembiso somNaziri*

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa owesilisa noma owesifazane enza isithembiso esithile, isithembiso somNaziri, ukuzahlukanisela kuJehova,

3uyakuzahlukanisa newayini nophuzo olunamandla, angaphuzi uviniga wewayini, noviniga wophuzo olunamandla, angaphuzi okwezithelo zomvini, futhi angadli izithelo zomvini ezimanzi nezomileyo.

4Zonke izinsuku zobuNaziri bakhe akayikudla lutho olwenziwe ngewayini lezithelo zomvini, kusukela ezimbumbulwini kuze kufike emakhasini.

5 Zonke izinsuku zesithembiso sakhe sobuNaziri kungasondeli mpuco ekhanda lakhe; uyakuba ngcwele zize ziphelele izinsuku azahlukanisela ngazo kuJehova, avume isihluthu sezinwele zekhanda lakhe sibe side.

6Zonke izinsuku engumNaziri kaJehova akayikusondela esidumbini.

7Akayikuzingcolisa ngoyise noma ngonina, noma ngomfowabo noma ngodadewabo, nxa befile, ngokuba isithembiso sakhe sobuNaziri sisekhanda lakhe.

8Zonke izinsuku zobuNaziri bakhe ungcwele kuJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Uma umuntu efa ngokuzumayo eceleni kwakhe, angcolise ikhanda lobuNaziri bakhe, uyakuphucula ikhanda lakhe ngosuku lokuhlanjululwa kwakhe, aliphucule ngosuku lwesikhombisa.

10 Ngosuku lwesishiyagalombili uyakuletha amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba kumpristi ngasemnyango wetende lokuhlangana;

11 umpristi uyakunikela ngelinye libe ngumnikelo wesono nangelinye libe ngumnikelo wokushiswa, amenzele ukubuyisana, ngokuba wona ngenxa yofileyo; abesengcwelisa ikhanda lakhe ngalolo suku.

12 Uyakwahlukanisela kuJehova izinsuku zobuNaziri bakhe, alethe imvu yeduna enomnyaka munye, ibe ngumnikelo wecala; kepha izinsuku zakuqala ziyakuba yize, ngokuba ubuNaziri bakhe bungcolisiwe.

13 Nanku umthetho womNaziri lapho izinsuku zobuNaziri bakhe seziphelele wokuthi uyakulethwa emnyango wetende lokuhlangana,

14 anikele ngomnikelo wakhe kuJehova, imvu yeduna enomnyaka munye engenasici ibe ngumnikelo wokushiswa, neyensikazi enomnyaka munye engenasici ibe ngumnikelo wesono, nenqama engenasici ibe ngumnikelo wokuthula,

15 neqoma lesinkwa esingenamvubelo, amaqebelengwane empuphu ecolekileyo exovwe namafutha, nemiqathane engenamvubelo, egcotshwe ngamafutha, nomnikelo wempuphu nowokuphuzwa walokho.

16 Umpristi uyakukuletha phambi kukaJehova, anikele ngomnikelo wakhe wesono nangowokushiswa wakhe.

17 Uyakunikela ngenqama ibe ngumhlatshelo womnikelo wokuthula kaJehova kanye neqoma lesinkwa esingenamvubelo; futhi umpristi anikele ngomnikelo wayo wempuphu nangomnikelo wayo wokuphuzwa.

18 UmNaziri uyakuphucula ikhanda lobuNaziri bakhe ngasemnyango wetende lokuhlangana, athathe izinwele zekhanda lobuNaziri bakhe, azibeke emlilweni ophansi komhlatshelo weminikelo yokuthula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[19] Umpristi uyakuthabatha umkhono ophekiweyo wenqama, neqebelengwane eqomeni, nomqathane ongenamvubelo, akufake ezandleni zomNaziri, nxa esephuculile ubuNaziri bakhe,

[20] umpristi akuzulise, kube ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova; lokhu kungcwele kumpristi kanye nesifuba sokuzuliswa nethanga lokuphakanyiswa; emva kwalokho umNaziri angaphuza iwayini.

[21] Lowo ungumthetho womNaziri owenzile isithembiso nowomnikelo wakhe kuJehova ngenxa yobuNaziri bakhe, ngaphandle kokunye angaphumelela kukho; njengesithembiso sakhe asenzayo uyakwenza kanjalo njengomthetho wobuNaziri.

[22]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[23] Yisho ku-Aroni nakumadodana akhe, uthi: Niyakubusisa kanje abantwana bakwa-Israyeli, niyakusho kubo, nithi:

[24] UJehova makakubusise, akulondoloze;

[25]uJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe;

[26]uJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula.

[27] Bayakubeka kanjalo igama lami kubantwana bakwa-Israyeli, mina ngibabusise.

## UNumeri 7

### Izipho zezikhulu ezinikelelwa ithempeli

[1] Kwathi ngosuku uMose aqeda ngalo ukumisa itabernakele, waligcoba, walingcwelisa kanye nayo yonke impahla yalo, ne-altare, nazo zonke izitsha zalo, wazigcoba, wazingcwelisa,

[2]izikhulu zakwa-Israyeli, izinhloko zezindlu zawoyise zanikela; lezo zaziyizikhulu zezizwe, zazibekwe phezu kwababalwayo.

[3]Zaletha iminikelo yazo phambi kukaJehova, izinqola eziyisithupha ezimboziwe, nezinkabi eziyishumi nambili, yilezo zikhulu ezimbili zinenqola inye, yileso sinenkunzi; zazethula phambi kwetabernakele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

5 Zamukele kuzo, ukuze zenze inkonzo yetende lokuhlangana, uzinike amaLevi, kube yilowo nalowo muntu ngokomsebenzi wakhe.

6UMose wathatha izinqola nezinkabi, wazinika amaLevi.

7Izinqola ezimbili nezinkabi ezine wazinika amadodana kaGereshoni ngomsebenzi wawo,

8nezinqola ezine nezinkabi eziyisishiyagalombili wazinika amadodana kaMerari ngomsebenzi wawo phansi kwesandla sika-Itamari indodana ka-Aroni umpristi.

9Kepha amadodana kaKohati akawanikanga lutho, ngokuba inkonzo yendlu engcwele yayiyiwo eyawo; ayithwala emahlombe awo.

10Izikhulu zanikelela ukwahlukaniselwa kwe-altare ngosuku lokugcotshwa kwalo, izikhulu zanikela ngomnikelo wazo phambi kwe-altare.

11UJehova wathi kuMose: Izikhulu ziyakunikela ngomnikelo wazo, yileso naleso ngosuku lwaso, ube ngowahlukaniselwa kwe-altare.

12Owanikela ngomnikelo wakhe ngosuku lokuqala nguNaheshoni indodana ka-Aminadaba, owesizwe sakwaJuda.

13Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

14nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

15neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

16nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

17Okomhlatshelo kweminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo kaNaheshoni indodana ka-Aminadaba.

18Ngosuku lwesibili kwanikela uNethaneli indodana kaSuwari, isikhulu sakwa-Isakare.

19Wanikela kwaba ngumnikelo wakhe uqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

20nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

21neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

22nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

23Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo kaNethaneli indodana kaSuwari.

24Ngosuku lwesithathu ngu-Eliyabe indodana kaHeloni, isikhulu sabantwana bakwaZebuloni.

25Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

26nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

27neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

28nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Eliyabe indodana kaHeloni.

30Ngosuku lwesine ngu-Elisuri indodana kaShedewuri, isikhulu sabantwana bakwaRubeni.

31Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

32nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

33neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

34nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

35Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Elisuri indodana kaShedewuri.

36Ngosuku lwesihlanu nguShelumiyeli indodana kaSurishadayi, isikhulu sabantwana bakwaSimeyoni.

37Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

38nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

39neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye,
kube ngumnikelo wokushiswa,

40nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

41Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili,
nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu
zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo kaShelumiyeli
indodana kaSurishadayi.

42Ngosuku lwesithupha ngu-Eliyasafa indodana kaDehuweli, isikhulu
sabantwana bakwaGadi.

43Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli
ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli
angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili
zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo
wempuphu,

44nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

45neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye,
kube ngumnikelo wokushiswa,

46nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

47Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili,
nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu
zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Eliyasafa
indodana kaDehuweli.

48Ngosuku lwesikhombisa ngu-Elishama indodana ka-Amihudi, isikhulu
sabantwana bakwa-Efrayimi.

49Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isindo salo singamashekeli
ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli
angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

50nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

51neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

52nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

53Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Elishama indodana ka-Amihudi.

54Ngosuku lwesishiyagalombili nguGamaliyeli indodana kaPedasuri, isikhulu sabantwana bakwaManase.

55Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

56nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

57neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

58nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

59Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyishlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo kaGamaliyeli indodana kaPedasuri.

60Ngosuku lwesishiyagalolunye ngu-Abidani indodana kaGideyoni, isikhulu sabantwana bakwaBenjamini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

61Unikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli
ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli
angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili
zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo
wempuphu,

62nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

63neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye,
kube ngumnikelo wokushiswa,

64nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

65Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili,
nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu
zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Abidani
indodana kaGideyoni.

66Ngosuku lweshumi ngu-Ahiyezeri indodana ka-Amishadayi, isikhulu
sabantwana bakwaDani.

67Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli
ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli
angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili
zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo
wempuphu,

68nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

69neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye,
kube ngumnikelo wokushiswa,

70nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

71Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili,
nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu
zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Ahiyezeri
indodana ka-Amishadayi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

72Ngosuku lweshumi nanye nguPagiyeli indodana ka-Okirani, isikhulu sabantwana bakwa-Asheri.

73Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli angamashumi ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

74nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

75neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

76nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

77Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo kaPagiyeli indodana ka-Okirani.

78Ngosuku lweshumi nambili ngu-Ahira indodana ka-Enani, isikhulu sabantwana bakwaNafetali.

79Umnikelo wakhe wawuluqwembe lwesiliva, isisindo salo singamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, nokhamba lwesiliva olungamashekeli ayisikhombisa ngokweshekeli lendlu engcwele, zombili zigcwele impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, kube ngumnikelo wempuphu,

80nenkezo yegolide engamashekeli ayishumi egcwele impepho,

81neduna libe linye, nenqama ibe nye, nemvu yeduna enomnyaka munye, kube ngumnikelo wokushiswa,

82nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

83Okomhlatshelo weminikelo yokuthula nakhu: izinkabi ezimbili, nezinqama eziyisihlanu, nezimpongo eziyisihlanu, nezimvu eziyisihlanu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

zamaduna ezinomnyaka munye; lokho kwakungumnikelo ka-Ahira indodana ka-Enani.

84Lokho kwakungukwahlukaniselwa kwe-altare ngosuku lokugcotshwa kwalo ngezandla zezikhulu zakwa-Israyeli: izingqwembe eziyishumi nambili zesiliva, nezinkamba eziyishumi nambili zesiliva, nezinkezo eziyishumi nambili zegolide,

85yilolo nalolo qwembe lwesiliva lungamashekeli ayikhulu namashumi amathathu, yilolo nalolo khamba lungamashumi ayisikhombisa, lonke isiliva lezitsha libe yizinkulungwane ezimbili namakhulu amane ngokweshekeli lendlu engcwele,

86nezinkezo zegolide eziyishumi nambili ezigcwele impepho, yileyo naleyo ingamashekeli ayishumi ngokweshekeli lendlu engcwele; lonke igolide lezinkezo lalingamashekeli ayikhulu namashumi amabili;

87zonke izinkomo zomnikelo wokushiswa zaziyizinkunzi eziyishumi nambili, nezinqama eziyishumi nambili, nezimvu zamaduna ezinomnyaka munye eziyishumi nambili kanye nomnikelo wazo wempuphu, nezimpongo zomnikelo wesono eziyishumi nambili;

88izinkomo zonke zomhlatshelo weminikelo yokuthula zaziyizinkunzi ezingamashumi amabili nane, nezinqama ezingamashumi ayisithupha, nezimpongo ezingamashumi ayisithupha, nezimvu zamaduna ezingamashumi ayisithupha. Lokho kwakungukwahlukaniselwa kwe-altare; lapho lase ligcotshiwe.

89Nanxa uMose engena etendeni lokuhlangana ukuba akhulume naye, wezwa izwi likhuluma kuye, livela ngaphezu kwesihlalo somusa esisemphongolweni wobufakazi ngaphakathi kwamakherubi omabili; wayesekhuluma kuye.

## UNumeri 8

### Izibani zasothini

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Yisho ku-Aroni, uthi kuye: Nxa ubeka izibani, izibani eziyisikhombisa
mazikhanyise ngaphambi kothi lwezibani.

3U-Aroni wenze njalo; wabeka izibani zalo ukuba zikhanyise ngaphambi
kothi lwezibani, njengalokho uJehova emyalile uMose.

4 Nanku umsebenzi wothi lwezibani, umsebenzi wegolide elikhandiweyo:
kuze kube sesinqeni salo nasezimbalini zalo kwakungumsebenzi
okhandiweyo; njengesifanekiso uJehova asibonise uMose, wenze njalo uthi
lwezibani.

**Ukumiswa kwamaLevi**

5UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

6 Thabatha amaLevi phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, ubahlambulule.

7Uyakwenza kanje kubo ukuba ubahlambulule: fafaza amanzi okuphothula,
baziphucule umzimba wonke, bahlanze izingubo zabo, bazihlambulule.

8Bathabathe iduna nomnikelo walo wempuphu, impuphu ecolekileyo exovwe
namafutha; nelinye iduna uyakulithabatha libe ngumnikelo wesono.

9Uyakuletha amaLevi phambi kwetende lokuhlangana, ubuthe yonke
inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli,

10ulethe amaLevi phambi kukaJehova; abantwana bakwa-Israyeli babeke
izandla zabo phezu kwamaLevi,

11u-Aroni azulise amaLevi phambi kukaJehova abe ngumnikelo wokuzuliswa
ovela kubantwana bakwa-Israyeli, aze asebenze umsebenzi kaJehova.

12 AmaLevi ayakubeka izandla zawo ezinhloko zezinkunzi, wena unikele
ngenye ibe ngumnikelo wesono, enye ibe ngumnikelo wokushiswa kuJehova
ukwenzela amaLevi ukubuyisana.

13Uyakubeka amaLevi phambi kuka-Aroni naphambi kwamadodana akhe,
unikele ngawo abe ngumnikelo wokuzuliswa kuJehova.

14 Uyakwahlukanisa amaLevi phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, amaLevi
abe ngawami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Emva kwalokho amaLevi ayakungena ukwenza inkonzo yetende
lokuhlangana; uyakuwahlambulula, unikele ngawo abe ngumnikelo
wokuzuliswa.

16Ngokuba mina nginikiwe wona phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli;
esikhundleni sakho konke okuvula isizalo, amazibulo abo bonke abantwana
bakwa-Israyeli, ngizithabathele wona.

17Ngokuba onke amazibulo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli angawami,
awabantu nawezilwane; mhla ngishaya amazibulo onke ezweni laseGibithe
ngazingcwelisela wona.

18Ngithabathile amaLevi esikhundleni samazibulo onke abantwana bakwa-
Israyeli.

19 Ngiwanikile amaLevi abe yisipho sika-Aroni nesamadodana akhe esivela
kubantwana bakwa-Israyeli ukusebenza umsebenzi wabantwana bakwa-
Israyeli etendeni lokuhlangana nokwenzela abantwana bakwa-Israyeli
ukubuyisana, ukuze kungabikho sifo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli,
lapho abantwana bakwa-Israyeli besondela endlini engcwele.

20Benze njalo-ke oMose no-Aroni nayo yonke inhlangano yabantwana bakwa-
Israyeli kumaLevi; njengakho konke uJehova amyala ngakho uMose
ngamaLevi, benze njalo kuwo abantwana bakwa-Israyeli.

21AmaLevi aziphothula, ahlanza izingubo zawo; u-Aroni wanikela ngawo abe
ngumnikelo wokuzuliswa phambi kukaJehova; u-Aroni wawenzela
ukubuyisana ukuwahlambulula.

22Emva kwalokho amaLevi angena ukwenza umsebenzi wawo etendeni
lokuhlangana phambi kuka-Aroni naphambi kwamadodana akhe;
njengalokho uJehova emyalile uMose ngamaLevi, benze njalo-ke kuwo.

23UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

24 Yilokhu okungokwamaLevi: kusukela kwabaneminyaka engamashumi
amabili nanhlanu kuya phezulu ayakungena ukugcina umsebenzi wenkonzo
yetende lokuhlangana:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[25]kusukela kwabaneminyaka engamashumi ayisihlanu bayakuphuma emsebenzini wenkonzo, bangabe besakhonza;

[26]kodwa bayakukhonza kanye nabafowabo etendeni lokuhlangana, bagcine imfanelo kepha bangabe besakhonza. Uyakwenze njalo kumaLevi ngezimfanelo zawo.

## UNumeri 9

### Iphasika lasehlane

[1]UJehova wakhuluma kuMose ehlane laseSinayi ngenyanga yokuqala yomnyaka wesibili, sebephumile ezweni laseGibithe, wathi:

[2] Futhi abantwana bakwa-Israyeli bayakugcina iphasika ngesikhathi salo esinqunyiweyo.

[3] Ngosuku lweshumi nane lwaleyo nyanga ngakusihlwa niyakuligcina ngesikhathi salo esinqunyiweyo; ngokwezimiso zalo zonke nangokwemithetho yalo anoligcina.

[4]UMose wakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli ukuthi bolenza iphasika.

[5]Balenza-ke iphasika ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nane ngakusihlwa ehlane laseSinayi; njengakho konke uJehova amyala ngakho uMose, benze njalo-ke abantwana bakwa-Israyeli.

[6] Kwakukhona amadoda athile ayengcolisiwe yisidumbu somuntu, engenakulenza iphasika ngalolo suku; eza phambi kukaMose naphambi kuka-Aroni ngalowo muhla.

[7]Lawo madoda athi kuye: Singcolisiwe yisidumbu somuntu; sivinjelelwani ukunikela ngomnikelo kaJehova ngesikhathi sawo esinqunyiweyo phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli na?

[8] UMose wathi kuwo: Yimani ukuba ngizwe ukuthi uJehova uyakuyalani ngani.

[9]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Uma umuntu wakini noma owezizukulwane zenu engcoliswa yisidumbu noma esekuhambeni, ekude, uyakulenza nokho iphasika kuJehova;

11 ngenyanga yesibili ngosuku lweshumi nane ngakusihlwa bayakulenza; bayakulidla nesinkwa esingenamvubelo nemifino ebabayo;

12 abayikushiya lutho kuze kube sekuseni, bangaphuli thambo lalo; ngokwezimiso zonke zephasika bayakulenza.

13Kepha umuntu ohlambulukileyo, engekho ekuhambeni, oyeka ukulenza iphasika, lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo, ngokuba akanikelanga ngomnikelo kaJehova ngesikhathi esinqunyiweyo; lowo muntu uyakuthwala ububi bakhe.

14 Uma umfokazi egogobele phakathi kwenu, ethanda ukulenza iphasika kuJehova ngokwesimiso sephasika nangokomthetho walo, uyakwenze njalo; niyakuba nesimiso sinye kumfokazi nakowokuzalwa ezweni.

**Ifu elaliphezu kwetabernakele***

15 Ngosuku itabernakele elamiswa ngalo ifu lalisibekela itabernakele, itende lobufakazi; ngakusihlwa laliphezu kwetabernakele njengokubonakala komlilo kwaze kwaba sekuseni.

16 Kwakunjalo ngesikhathi sonke: ifu lalisibekela, kwabonakala umlilo ebusuku.

17Nalapho ifu lenyuswa etendeni, base behamba abantwana bakwa-Israyeli, nasendaweni lapho ifu lalima khona, lapho abantwana bakwa-Israyeli bamisa khona.

18Ngesiyalezo sikaJehova abantwana bakwa-Israyeli bahamba, nangesiyalezo sikaJehova bamisa; ngesikhathi ifu lihlala phezu kwetabernakele bahlala ekamu.

19Nalapho ifu lihlala phezu kwetabernakele izinsuku eziningi, abantwana bakwa-Israyeli bagcina isiyalezo sikaJehova, abahambanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20Ngesinye isikhathi ifu laliphezu kwetabernakele izinsuku eziyingcosana nje;
khona ngesiyalezo sikaJehova bahlala ekamu, nangesiyalezo sikaJehova
bahamba.

21Nangesinye isikhathi ifu lahlala kusihlwa kwaze kwaba sekuseni; nalapho
ifu lenyuswa ekuseni, bahamba; noma lahlala ubusuku nemini, bahamba
lapho ifu lenyuswa.

22Noma kwakuyizinsuku ezimbili, noma inyanga, noma isikhathi
esingakanani ifu lisahlezi phezu kwetabernakele, abantwana bakwa-Israyeli
bahlala ekamu, abahambanga; kepha lapho lenyuswa, bahamba.

23Ngesiyalezo sikaJehova bamisa, nangesiyalezo sikaJehova bahamba;
bagcina inkonzo kaJehova ngesiyalezo sikaJehova ngesandla sikaMose.

## UNumeri 10

### Amacilongo esiliva

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Uzenzele amacilongo amabili esiliva, uwenze ngomsebenzi okhandiweyo,
uwasebenzise ekubizeni inhlangano nasekusukeni kwamakamu.

3Nxa bewabetha, yonke inhlangano iyakubuthana kuwe ngasemnyango
wetende lokuhlangana.

4Uma bebetha elilodwa, izikhulu, izinhloko zezinkulungwane zakwa-Israyeli,
ziyakubuthana kuwe.

5Nxa nihlaba umkhosi, amakamu asohlangothini lwasempumalanga
ayakusuka.

6Nanxa nihlaba umkhosi ngokwesibili, amakamu asohlangothini
lwaseningizimu ayakusuka; bayakuhlaba umkhosi ekusukeni kwabo.

7Kepha lapho liyakubuthwa ibandla, niyakubetha, ningahlabi umkhosi
kodwa.

8 Amadodana ka-Aroni, abapristi, ayakubetha amacilongo; kuyakuba kini
isimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Nxa niphuma impi ezweni lakini ukuyokulwa nesitha esinicindezelayo, khona niyakuhlaba umkhosi ngamacilongo, nikhumbuleke phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu, nisindiswe ezitheni zenu.

10 Nangezinsuku zokuthokoza kwenu, nangemikhosi emisiweyo, nasekwethwaseni kwenyanga niyakubetha amacilongo enu phezu kweminikelo yenu yokushiswa naphezu kwemihlatshelo yeminikelo yenu yokuthula, ibe yisikhumbuzo senu phambi kukaNkulunkulu wenu; ngingu Jehova uNkulunkulu wenu.

**Abakwa-Israyeli basuka eSinayi**

11 Kwathi ngomnyaka wesibili ngenyanga yesibili ngolwamashumi amabili lwenyanga ifu lenyuswa etabernakele lobufakazi.

12 Abantwana bakwa-Israyeli basuka ehlane laseSinayi amabanga ngamabanga; ifu lema ehlane lasePharanu.

13 Ngokokuqala basuka ngokwesiyalezo sikaJehova ngesandla sikaMose.

14 Kuqala lasuka ibhanela lekamu labantwana bakwaJuda ngamabandla abo; uNaheshoni indodana ka-Aminadaba wayephezu kwalelo bandla.

15 Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwa-Isakare kwakunguNethaneli indodana kaSuwari.

16 Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaZebuloni kwakungu-Eliyabe indodana kaHeloni.

17 Itabernakele lasuswa; amadodana kaGereshoni namadodana kaMerari asuka elithwala itabernakele.

18 Lase lisuka ibhanela lekamu likaRubeni ngamabandla abo; phezu kwalelo bandla kwakungu-Elisuri indodana kaShedewuri.

19 Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaSimeyoni kwakunguShelumiyeli indodana kaSurishadayi.

20 Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaGadi kwakungu-Eliyasafa indodana kaDehuweli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[21] Kwase kusuka amaKohati ethwala izinto ezingcwele; itabernakele lamiswa, wona engakafiki.

[22]Lase lisuka ibhanela lekamu labantwana bakwa-Efrayimi ngamabandla abo; phezu kwebandla lakhe kwakungu-Elishama indodana ka-Amihudi.

[23]Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaManase kwakunguGamaliyeli indodana kaPedasuri.

[24]Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaBenjamini kwakungu-Abidani indodana kaGideyoni.

[25]Lase lisuka ibhanela lekamu labantwana bakwaDani elalisemva kwawo onke amakamu ngamabandla abo; phezu kwebandla lakhe kwakungu-Ahiyezeri indodana ka-Amishadayi.

[26]Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwa-Asheri kwakunguPagiyeli indodana ka-Okirani.

[27]Phezu kwebandla lesizwe sabantwana bakwaNafetali kwakungu-Ahira indodana ka-Enani.

[28]Abantwana bakwa-Israyeli bahamba ngokulandelana kanjalo ngamabandla abo; base besuka-ke.

### Ukululekana noHobabi

[29] UMose wathi kuHobabi indodana kaRehuweli wakwaMidiyani, umukhwe kaMose: Siya endaweni ashilo ngayo uJehova, wathi: Ngiyakuninika yona. Woza wena, uhambe nathi, siyakukwenzela okuhle, ngokuba uJehova ukhulumile okuhle ngo-Israyeli.

[30]Wathi kuye: Angiyikuhamba; kepha ngiyakusuka, ngiye ezweni lakithi nasezihlotsheni zami.

[31]Kepha wathi: Ake ungasishiyi; njengokuba uyazi ukuthi siyakumisa kanjani ehlane, uyakuba ngamehlo ethu.

[32]Kuyakuthi uma uhamba nathi, yebo, kwenzeke ukuthi, noma yikuphi okuhle uJehova asenzela khona, khona lokho uyakukwenzela nawe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[33]Basuka entabeni kaJehova, bahamba ibanga lezinsuku ezintathu; umphongolo wesivumelwano sikaJehova wahamba phambi kwabo ibanga lezinsuku ezintathu ukubafunela indawo yokuphumula.

[34] Ifu likaJehova laliphezu kwabo emini, lapho besuka ekamu.

### Umkhuleko kaMose

[35] Kwathi ekusukeni komphongolo uMose washo wathi: Vuka, Jehova; mazihlakazeke izitha zakho; abakuzondayo mababaleke ebusweni bakho.

[36]Ekumeni kwawo wathi: Buyela, Jehova, emindenini eyizinkulungwane zakwa-Israyeli.

## UNumeri 11

### Abakwa-Israyeli bayakhonona eThabehera

[1] Kwathi abantu bakhonona, kwabakubi ezindlebeni zikaJehova; esekuzwile uJehova, yavutha intukuthelo yakhe; umlilo kaJehova washa phakathi kwabo, wabaqeda abasemkhawulweni wekamu.

[2]Abantu base bekhala kuMose; uMose wakhuleka kuJehova, umlilo wabohla.

[3] Igama laleyo ndawo laqanjwa ngokuthi iThabehera, ngokuba umlilo kaJehova washa phakathi kwabo.

[4] Ingxubevange eyayiphakathi kwabo yaqala ukufisa nokufisa; nabantwana bakwa-Israyeli babuye bakhala, bathi: Ngubani oyakusipha inyama ukuba sidle na?

[5]Siyakhumbula izinhlanzi esazidla eGibithe ngesihle, namakukamba, namakhabe, namaliki, nohanyanisi, nesweli;

[6]kepha manje umphefumulo wethu usuwomile; akukho lutho impela; ngaphandle kwaleli mana akukho lutho emehlweni ethu.

[7] Imana lafana nembewu yekoriyanderi, nokubonakala kwalo kwakunjengokubonakala kwenhlaka yebedola.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Abantwana baphuma ukuliqoqa, baligaya ematsheni, noma beligqula ezigqulweni, balipheka emakhanzini, benza ngalo amaqebelengwane; ukuzwakala kwalo kwakunjengokuzwakala kweqebelengwane lamafutha.

9Nxa amazolo elala phezu kwekamu ebusuku, imana lawela phezu kwawo.

10UMose wezwa abantu bekhala emindenini yabo, kwaba yilowo nalowo muntu ngasemnyango wetende lakhe; intukuthelo kaJehova yavutha kakhulu; kwakukubi emehlweni kaMose.

11UMose wathi kuJehova: Uyiphatheleni kabi inceku yakho na? Angifumananga ngani umusa emehlweni akho ukuba ubeke umthwalo wabo bonke laba bantu phezu kwami na?

12 Ngakhulelwa bonke laba bantu yini, ngabazala, ukuze uthi kimi: Bagone ngasesifubeni sakho njengomondli egona umntwana oncelayo, ubayise ezweni owalifungela oyise, na?

13Ngingathathaphi inyama ukubanika bonke laba bantu na? Ngokuba bakhala kimi, bathi: Siphe inyama ukuba sidle.

14Anginakuthwala bonke laba bantu ngedwa, ngokuba kuyangisinda.

15Uma ungiphatha kanje, ake ungibulale nokungibulala, uma ngifumene umusa emehlweni akho; mangingaluboni usizi lwami.

**Amalunga angamashumi ayisikhombisa**

16 UJehova wakhuluma kuMose, wathi: Ngibuthele amadoda angamashumi ayisikhombisa amalunga akwa-Israyeli, owaziyo ukuthi angamalunga abantu nezinduna zabo, uwalethe etendeni lokuhlangana ukuba eme khona nawe.

17Ngiyakwehla, ngikhulume nawe khona, ngithathe okomoya ophezu kwakho, ngikubeke kuwo; ayakuthwala umthwalo wabantu kanye nawe, ukuze ungawuthwali wedwa.

18 Yisho kubantu ukuthi: Zingcweliseleni olwangakusasa, niyakudla inyama, lokhu nikhalile ezindlebeni zikaJehova ngokuthi: Ngubani oyakusipha inyama ukuba sidle, ngokuba kwakukuhle kithi eGibithe, ngalokho uJehova uyakuninika inyama, nize nidle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Aniyikuyidla usuku lube lunye, noma izinsuku zibe zimbili, noma izinsuku zibe yisihlanu, noma izinsuku zibe yishumi, noma izinsuku zibe ngamashumi amabili,

20kepha inyanga epheleleyo, ize iphume ngamakhala enu, inengeke kini, ngokuba nimlahlile uJehova ophakathi kwenu, nakhala phambi kwakhe ngokuthi: Saphumelani eGibithe na?

21 Wayesethi uMose: Abantu engiphakathi kwabo bayizinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha abayimigundatshani; wena-ke uthi: Ngiyakubanika inyama ukuba badle inyanga epheleleyo.

22Bayakuhlatshelwa izimvu nezinkomo ukuba zibanele na? Noma bayakubuthelwa yini izinhlanzi zonke zolwandle ukuba zibanele na?

23 UJehova wathi kuMose: Isandla sikaJehova sifinyele na? Usuyakubona uma izwi lami liyakwenzeka kuwe noma qha.

24UMose waphuma, wabatshela abantu amazwi kaJehova; wabutha amadoda angamashumi ayisikhombisa amalunga abantu, wawamisa ngasetendeni nxazonke.

25UJehova wehla ngefu, wakhuluma kuye, wathabatha okomoya ophezu kwakhe, wakubeka kumalunga angamashumi ayisikhombisa; kwathi umoya esahlezi kuwo, aprofetha, kepha awaze akuphinda.

26Kodwa kwasala amadoda amabili ekamu, igama lenye lalingu-Elidadi, igama leyesibili linguMedadi; umoya wayehlala phezu kwawo; ayephakathi kwalawo alotshiweyo, kepha awayanga etendeni; aprofetha ekamu.

27Kwagijima insizwa, yabika kuMose, yathi: O-Elidadi noMedadi bayaprofetha ekamu.

28 UJoshuwa indodana kaNuni, inceku kaMose, owabakhethiweyo bakhe, waphendula wathi: Nkosi yami, Mose, benqabele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29UMose wathi kubo: Unomhawu ngenxa yami na? Sengathi bonke abantu bakaJehova bangaba ngabaprofethi, uJehova abeke uMoya wakhe phezu kwabo.

30UMose wangena ekamu, yena namalunga akwa-Israyeli.

### Izigwaca

31 Kwavuka umoya ovela kuJehova, waletha izigwaca zivela ngaselwandle, waziwisa ngasekamu kungathi ibanga losuku ngalapha nebanga losuku ngalapha kwekamu nxazonke, nokuphakama phezu komhlaba kungathi izingalo ezimbili.

32Abantu bavuka lonke lolo suku, nobusuku bonke, nalo lonke usuku olulandelayo, babutha izigwaca; owabutha okuncane wabutha amahomere ayishumi; bazenekela ngasekamu nxazonke.

33Inyama isekhona phakathi kwamazinyo abo, ingakahlafunwa, ulaka lukaJehova lwavuthela abantu, uJehova wabashaya abantu ngokufa okukhulu kakhulu.

34Igama laleyo ndawo laqanjwa ngokuthi iKibiroti Hathawa, ngokuba bambela abantu abafisayo.

35Abantu basuka eKibiroti Hathawa, baya eHaseroti; bahlala eHaseroti.

## UNumeri 12

### OMiriyamu no-Aroni bamelana noMose. UMiriyamu uyajeziswa

1OMiriyamu no-Aroni bakhuluma bemelene noMose ngenxa yowesifazane wakwaKushe amthathile; ngokube wayethathile owesifazane wakwaKushe.

2Bathi: Imbala uJehova ukhulumile kuMose kuphela na? Akakhulumanga nakithi na? UJehova wakuzwa.

3Kodwa lowo muntu uMose wayemnene kunabo bonke abantu ababesebusweni bomhlaba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4UJehova wayesekhuluma ngokuzumayo kuMose naku-Aroni nakuMiriyamu, wathi: Wozani nina nobathathu etendeni lokuhlangana. Baphuma bobathathu.

5UJehova wehla esensikeni yefu, wema ngasemnyango wetende, wabiza o-Aroni noMiriyamu; baphuma bobabili.

6Wayesethi: Yizwani manje amazwi ami: uma kukhona umprofethi phakathi kwenu, mina Jehova ngiyakuzibonakalisa kuye ngombono, ngikhulume kuye ngephupho.

7 Inceku yami uMose akanjalo; uthembekile endlini yami yonke;

8 ngiyakukhuluma naye umlomo nomlomo ngokusobala, kungabi ngamazwi ayimfumbe; isimo sikaJehova uyakusibona; anesabanga ngani ukukhuluma ngenceku yami uMose na?

9Intukuthelo kaJehova yabavuthela; wayesemuka.

10Ifu lasuka phezu kwetende; bheka, uMiriyamu wayesenochoko, enjengeqhwa; u-Aroni wambheka uMiriyamu; bheka, wayenochoko.

11U-Aroni wathi kuMose: O nkosi, ake ungabeki isono phezu kwethu ngalokho esikwenzile ngobuwula, nangalokho esone ngakho.

12Ake angabi njengofileyo, onyama yakhe idliwe inxenye, nxa ephuma esizalweni sikanina.

13UMose wakhala kuJehova, wathi: O Nkulunkulu, mawumphulukise, ngiyakuncenga.

14 UJehova wathi kuMose: Uma uyise ebemkhafulele ebusweni, ubengebe namahloni izinsuku eziyisikhombisa na? Makavalelwe ngaphandle kwekamu izinsuku eziyisikhombisa; ngasemva kwalokho uyakubuye angeniswe.

15UMiriyamu wavalelwa ngaphandle kwekamu izinsuku eziyisikhombisa; abantu abahambanga, waze wabuyiswa uMiriyamu.

16Ngasemuva abantu basuka eHaseroti, bamisa ehlane lasePharanu.

## UNumeri 13

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

**Izinhloli eziyishumi nambili**

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Thuma wena abantu ukuba bahlole izwe laseKhanani engibanika lona abantwana bakwa-Israyeli; uthume umuntu waleso naleso sizwe sawoyise, kube yilowo nalowo abe yinduna phakathi kwabo.

3 UMose wabathuma-ke besuka ehlane lasePharanu ngesiyalezo sikaJehova; bonke babo babe ngabantu abayizinhloko zabantwana bakwa-Israyeli.

4Lawa angamagama abo: Owesizwe sakwaRubeni: uShamuwa indodana kaZakuri.

5Owesizwe sakwaSimeyoni: uShafati indodana kaHori.

6Owesizwe sakwaJuda: uKalebi indodana kaJefune.

7Owesizwe sakwa-Isakare: u-Igali indodana kaJosefa.

8Owesizwe sakwa-Efrayimi: uHosheya indodana kaNuni.

9Owesizwe sakwaBenjamini: uPaliti indodana kaRafu.

10Owesizwe sakwaZebuloni: uGadiyeli indodana kaSodi.

11Owesizwe sakwaJosefa, owesizwe sakwaManase: uGadi indodana kaSusi.

12Owesizwe sakwaDani: u-Amiyeli indodana kaGemali.

13Owesizwe sakwa-Asheri: uSethuru indodana kaMikayeli.

14Owesizwe sakwaNafetali: uNabi indodana kaVofisi.

15Owesizwe sakwaGadi: uGewuweli indodana kaMaki.

16Yilawo amagama amadoda athunywa nguMose ukuhlola izwe. UMose wambiza uHosheya indodana kaNuni ngokuthi uJoshuwa.

17UMose wabathuma ukuhlola izwe laseKhanani, wathi kubo: Yenyukani ngalapha, niye ngaseningizimu, nikhuphukele ezintabeni,

18nibone izwe ukuthi linjani, nabantu abakhe kulo ukuthi banamandla noma babuthakathaka, bayingcosana noma baningi yini,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19nokuthi izwe abakhe kulo linjani, noma lihle noma libi, nokuthi imizi
abahlala kuyo injani, noma ngamakamu noma yizinqaba,

20nokuthi izwe linjani, noma livundile noma limpofu, noma linezinkuni noma
qha. Yibani nesibindi, nibuye nezithelo zezwe. Kwase kuyisikhathi sezithelo
zokuqala zomvini.

21Base behamba-ke, bahlola izwe kusukela ehlane laseSini kuze kube
seRehobe ekuyeni ngaseHamati.

22Benyukela ngaseningizimu, bafika eHebroni; o-Ahimani, noSheshayi,
noTalimayi, abantwana bakwa-Anaki, babelapho. IHebroni lakhiwa iminyaka
eyisikhombisa lingakakhiwa iSowani laseGibithe.

23 Bafika esiGodini sase-Eshikoli, banquma khona igatsha elinehlukuzo
lezithelo zomvini, balithwala ngothi phakathi kwababili, kanye
namapomegranati namakhiwane.

24 Leyo ndawo yathiwa isiGodi sase-Eshikoli ngenxa yehlukuzo abantwana
bakwa-Israyeli abalinquma khona.

25Base bebuya ekuhloleni izwe ngasekupheleni kwezinsuku ezingamashumi
amane.

26Baya bafika kuMose naku-Aroni nakuyo yonke inhlangano yabantwana
bakwa-Israyeli ehlane lasePharanu eKadeshi, babuyisela izwi kubo nakuyo
yonke inhlangano, bababonisa izithelo zezwe.

27Bamtshela bathi: Safika-ke ezweni owasithuma kulo; ngempela livame ubisi
nezinyosi; lokhu kuyizithelo zalo.

28Nokho abantu abakhe ezweni banamandla, imizi ibiyelwe, mikhulu
kakhulu; futhi sabona abantwana bakwa-Anaki khona.

29U-Amaleki wakhile ezweni laseningizimu; amaHeti, namaJebusi, nama-
Amori ahlala ezintabeni; amaKhanani akhile ngaselwandle naseceleni
kweJordani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

30UKalebi wathulisa abantu phambi kukaMose, wathi: Masenyuke khona manje, silidle, ngokuba sinamandla okulinqoba.

31Kepha amadoda ayenyuke naye athi: Asinakwenyuka, sihlasele labo bantu, ngokuba banamandla kunathi.

32Base belandisa abantwana bakwa-Israyeli umbiko omubi ngezwe ababelihlolile, bathi: Izwe esilidabulile ukulihlola liyizwe elidla abakhileyo kulo; bonke abantu esababona kulo bangabantu abajaheleyo.

33 Sabona khona iziqhwaga, amadodana ka-Anaki ayela eziqhwageni; emehlweni ethu saba njengezintethe, saba njalo nasemehlweni abo.

## UNumeri 14

### Ukukhonona kwabantu

1Inhlangano yonke yayisiphakamisa izwi layo, yakhala. Abantu bakhala izinyembezi ngalobo busuku.

2 Bonke abantwana bakwa-Israyeli bakhonona ngoMose nango-Aroni; yonke inhlangano yathi kubo: Sengathi nga safa ezweni laseGibithe, noma sengathi nga safa kuleli hlane.

3UJehova usilethelani kuleli zwe, siwe ngenkemba na? Omkethu nabancane bethu bayakuba yimpango; bekungengcono yini kithi ukubuyela eGibithe na?

4Bathi omunye komunye: Masibeke induna, sibuyele eGibithe.

5Khona oMose no-Aroni bawa ngobuso babo phambi kwebandla lonke lenhlangano yabantwana bakwa-Israyeli.

6UJoshuwa indodana kaNuni noKalebi indodana kaJefune ababephakathi kwabahlola izwe baklebhula izingubo zabo,

7bakhuluma kuyo yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli, bathi: Izwe esalidabula ukulihlola liyizwe elihle kakhulu.

8Uma uJehova esithanda, uyakusingenisa kulelo zwe, asinike lona, izwe elivame ubisi nezinyosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Kodwa ningahlubuki kuJehova, futhi ningesabi abantu balelo zwe; ngokuba bayisinkwa kithi; umthunzi wabo usukile phezu kwabo, kodwa uJehova unathi; ningabesabi.

10Kepha inhlangano yonke yathi mabakhandwe ngamatshe. Inkazimulo kaJehova yabonakala etendeni lokuhlangana kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli.

**Intukuthelo kaJehova. Isijeziso sabakwa-Israyeli**

11UJehova wayesekhuluma kuMose, wathi: Koze kube nini laba bantu bengidelela na? Koze kube nini bengakholwa yimi ngezibonakaliso zonke engizenzile phakathi kwabo na?

12 Ngiyakubashaya ngesifo, ngibaphuce ifa, ngikwenze isizwe esikhulu nesinamandla kunabo.

13UMose wathi kuJehova: Khona abaseGibithe bayakukuzwa, ngokuba wakhuphula laba bantu ngamandla akho phakathi kwabo,

14babatshele abakhe kuleli zwe; bezwile ukuthi wena Jehova uphakathi kwalaba bantu, babonane nawe Jehova ubuso nobuso; ifu lakho limi phezu kwabo, wena uhamba phambi kwabo usensikeni yefu emini nasensikeni yomlilo ebusuku.

15Manje-ke uma ubulala laba bantu njengomuntu munye, izizwe ezizwe udumo lwakho ziyakukhuluma zithi:

16 Ngokuba uJehova ebengenamandla okungenisa abantu bakhe ezweni alifungela kubo, ngalokho ubabulele ehlane.

17 Kalokhu ake abe makhulu amandla eNkosi njengokusho kwakho ukuthi:

18 UJehova uyephuza ukuthukuthela, uvame umusa, uthethelela ububi neziphambeko, angayekeli nokho onecala, kepha ahambele ububi bawoyise kubantwana, kuze kube sezizukulwaneni sesithathu nesesine.

19Ake uthethelele ububi balaba bantu ngokobukhulu bomusa wakho, njengalokho uyekele laba bantu kusukela eGibithe kuze kube manje.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20UJehova wathi: Yebo, ngiyathethelela njengezwi lakho;

21 kepha impela, kuphila kwami nenkazimulo kaJehova eyakugcwalisa wonke umhlaba,

22lokhu bonke labo bantu ababone inkazimulo yami nezibonakaliso zami engazenza eGibithe nasehlane bengilingile kayishumi, abalalela izwi lami,

23 abayikubona ngempela izwe engalifungela oyise, futhi aliyikubonwa muntu walabo abangidelela;

24 kepha inceku yami uKalebi, lokhu wayenomunye umoya, wangilandela ngokupheleleyo, yena ngiyakumngenisa ezweni aya kulo; inzalo yakhe iyakulidla.

25Ama-Amaleki namaKhanani akhile esigodini; jikani kusasa, ningene ehlane ngasendleleni eya eLwandle Olubomvu.

26UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

27 Koze kube nini le nhlangano embi ikhonona ngami na? Ngizwile ukukhonona kwabantwana bakwa-Israyeli abakhonona ngakho ngami.

28 Yisho kubo ukuthi: Kuphila kwami, ngiyakwenza kini impela njengalokho nikhulumile ezindlebeni zami:

29 izidumbu zenu ziyakuwa kuleli hlane, nabo bonke ababalwayo kini njengokomumo wenu wonke, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, abakhononile ngami,

30abayikungena ngempela ezweni engaphakamisa ngalo isandla sami ukuthi bengiyakunakhisa kulo, ngaphandle kukaKalebi indodana kaJefune noJoshuwa indodana kaNuni.

31Kepha abancane benu enasho ngabo ukuthi bayakuba yimpango, bona ngiyakubangenisa, balazi izwe enalilahla.

32Nina-ke, izidumbu zenu ziyakuwa kuleli hlane.

33 Abantwana benu bayakuba ngabelusi ehlane iminyaka engamashumi amane, bathwale ukuphinga kwenu, izidumbu zenu zize ziqedwe ehlane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34Njengokomumo wezinsuku enahlola ngazo izwe, izinsuku ezingamashumi amane, umnyaka ngosuku, niyakuthwala ububi benu, yebo, iminyaka engamashumi amane, nize nazi ukuthi kunjani uma ngimelana nani.

35Mina Jehova ngikhulumile; ngiyakwenza lokho ngempela kuyo yonke le nhlangano embi engihlanganyeleyo; kuleli hlane bayakuqedwa, bafele khona.

36Nalawo madoda athunywa nguMose ukuhlola izwe, abuya akhononisa yonke inhlangano ngaye ngokuletha umbiko omubi ngezwe,

37wona lawo madoda aletha umbiko omubi ngezwe afa ngesifo phambi kukaJehova.

38Kepha uJoshuwa indodana kaNuni noKalebi indodana kaJefune ababenalawo madoda ukuhlola izwe basinda.

39UMose wakhuluma lawo mazwi kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli; abantu balila kakhulu.

40 Bavuka ekuseni kakhulu, benyukela esiqongweni sentaba, bathi: Bhekani, sesilapha, kepha siyakuya endaweni ayithembisile uJehova, ngokuba sonile.

41UMose wathi: Neqelani izwi likaJehova na? Akuyikuphumelela.

42Ningenyuki, ngokuba uJehova akakho phakathi kwenu, ukuba ningashaywa ebusweni bezitha zenu.

43Ngokuba ama-Amaleki namaKhanani alapho ngaphambi kwenu; niyakuwa ngenkemba, lokhu nibuyele emuva ekumlandeleni uJehova; ngalokho uJehova akayikuba khona phakathi kwenu.

44Ngokuzidla bakhuphukela nokho esiqongweni sentaba, kepha umphongolo wesivumelwano sikaJehova noMose awuphumanga ekamu.

45Ayesehla ama-Amaleki kanye namaKhanani ayehlala kuleyo ntaba, abashaya, abaqothula kwaze kwaba seHorma.

## UNumeri 15

### Isithasiselo semithetho yeminikelo neyezipho zolibo

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa nifika ezweni eniyakwakha kulo, engininika lona,

3 nenze umnikelo womlilo kuJehova, umnikelo wokushiswa, noma umhlatshelo wokugcwalisa isithembiso, noma umnikelo wesihle, noma owemikhosi yenu emisiweyo, ukwenza iphunga elimnandi kuJehova, owezinkomo noma owezimvu,

4 khona-ke onikela ngomnikelo wakhe woletha kuJehova umnikelo wempuphu wokweshumi kwempuphu ecolekileyo exovwe nokwesine kwehini lamafutha;

5 newayini libe ngumnikelo wokuphuzwa, okwesine kwehini ngemvana inye, wolilungisela umnikelo wokushiswa noma umhlatshelo.

6 Kepha inqama uyakuyilungisela okweshumi okubili kwempuphu ecolekileyo exovwe nokwesithathu kwehini lamafutha, kube ngumnikelo wempuphu;

7 uyakunikela okwesithathu kwehini lewayini libe ngumnikelo wokuphuzwa nephunga elimnandi kuJehova.

8 Nxa ulungisa iduna libe ngumnikelo wokushiswa, noma umhlatshelo wokugcwalisa isithembiso, noma kube yiminikelo yokuthula kuJehova,

9 uyakunikela ngomnikelo wempuphu wokweshumi okuthathu kwempuphu ecolekileyo exovwe nenxenye yehini lamafutha kanye neduna.

10 Uyakunikela ngenxenye yehini lewayini libe ngumnikelo wokuphuzwa, kube ngumnikelo womlilo wephunga elimnandi kuJehova.

11 Kuyakwenziwa kanjalo ngaleyo naleyo nkunzi, noma ngaleyo naleyo nqama, noma ngaleyo naleyo mvana yeduna, noma ngamazinyane ezimbuzi.

12 Njengokomumo eniwulungisayo niyakwenze njalo kuleyo naleyo njengokomumo wazo.

13 Bonke abokuzalwa ekhaya bayakwenza lezo zinto ngaleyo ndlela, benikela ngomnikelo womlilo wephunga elimnandi kuJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Uma umfokazi egogobele kuwe, noma ubani ophakathi kwenu ezizukulwaneni zenu eyakunikela ngomnikelo womlilo wephunga elimnandi kuJehova, uyakwenza njengalokhu nenza nina.

15 Ebandleni kuyakuba yisimiso sinye kini nakumfokazi ogogobeleyo kini, isimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu; njengani uyakuba njalo umfokazi phambi kukaJehova.

16Kuyakuba ngumthetho munye nesimiso sinye kinina nakumfokazi ogogobeleyo kini.

17UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

18 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa nifika ezweni enginiyisa kulo,

19 kuyakuthi, lapho nidla isinkwa sezwe, ninikele ngomnikelo wokuphakanyiswa kuJehova.

20 Ngolibo lomgqakazo wenu niyakunikela ngeqebelengwane libe ngumnikelo wokuphakanyiswa; njengalokhu nenza umnikelo wokuphakanyiswa wesibuya, niyakuwenza kanjalo.

21Ngolibo lomgqakazo wenu niyakunika uJehova umnikelo wokuphakanyiswa ezizukulwaneni zenu.

22 Nxa niduka ningagcini yonke le miyalo uJehova ayikhulumile kuMose,

23konke uJehova aniyalile ngesandla sikaMose, kusukela osukwini uJehova ayala ngalo nangasemuva ezizukulwaneni zenu,

24 kuyakuthi uma kwenziwe kungengamabomu, futhi kungesemehlweni enhlangano, inhlangano yonke inikele ngeduna libe ngumnikelo wokushiswa wephunga elimnandi kuJehova kanye nomnikelo wayo wempuphu, nomnikelo wayo wokuphuzwa ngokomthetho, nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono.

25Umpristi uyakuyenzela yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli ukubuyisana, baze bathethelelwe, ngokuba kwakungengamabomu, futhi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

balethile umnikelo wabo, umnikelo womlilo kuJehova, nomnikelo wabo wesono phambi kukaJehova ngesiphosiso sabo;

26yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli iyakuthethelelwa kanye nomfokazi ogogobeleyo kubo, ngokuba kubo bonke abantu kwakungesiphosiso.

27 Uma umuntu ona kungengamabomu, uyakunikela ngembuzikazi enomnyaka munye, ibe ngumnikelo wesono.

28Umpristi uyakwenzela umuntu ophosisayo ukubuyisana, nxa ona kungengamabomu phambi kukaJehova ukumenzela ukubuyisana, athethelelwe.

29Niyakuba nomthetho munye kowenza kungengamabomu, nakowokuzalwa ekhaya phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli nakumfokazi ogogobeleyo phakathi kwabo.

30 Kepha okwenza ngesandla esiphakemeyo, noma engowokuzalwa ekhaya noma engumfokazi, uyamhlambalaza uJehova; lowo muntu uyakunqunywa kubantu bakubo.

31Ngokuba udelele izwi likaJehova, nomyalo wakhe uwaphulile; lowo muntu uyakunqunywa impela, ububi bakhe bube phezu kwakhe.

**Ukukhandwa ngamatshe kowaphulile umyalelo wesabatha**

32Abantwana bakwa-Israyeli besesehlane bafumana umuntu otheza izinkuni ngosuku lwesabatha.

33Abamfumana etheza izinkuni bamyisa kuMose naku-Aroni nakuyo yonke inhlangano.

34 Bambeka ukuba alindwe, ngokuba kwakungakanqunywa ukuthi kuyakwenziwani kuye.

35UJehova wathi kuMose: Lowo muntu wobulawa nokubulawa; yonke inhlangano iyakumkhanda ngamatshe ngaphandle kwekamu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

36Yonke inhlangano yamkhiphela ngaphandle kwekamu, yamkhanda ngamatshe, wafa, njengalokho uJehova emyalile uMose.

### Isimiso sezinsephe ezingutsheni zabakwa-Israyeli

37UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

38 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, usho kubo ukuba bazenzele insephe emiphethweni yezingubo zabo ezizukulwaneni zabo, futhi ukuba babeke igoda eliluhlaza ensepheni yemiphetho yonke;

39lokhu kuyakuba kini insephe ukuba niyibheke, nikhumbule yonke imiyalo kaJehova, niyenze, ningahambi ngeyenu inhliziyo nangawenu amehlo enanivama ukukulandela ngokuphinga,

40ukuba nikhumbule, niyenze yonke imiyalo yami, nibe ngcwele kuNkulunkulu wenu.

41NginguJehova uNkulunkulu wenu owanikhipha ezweni laseGibithe, ngibe nguNkulunkulu wenu; nginguJehova uNkulunkulu wenu.

## UNumeri 16

### Ukwambuka nokujeziswa kukaKora noDathani no-Abiramu

1UKora kaJisihari kaKohati kaLevi, kanye noDathani no-Abiramu, amadodana ka-Eliyabe, no-Oni indodana kaPheleti, amadodana kaRubeni, bathatha amadoda,

2bamvukela uMose benabathile babantwana bakwa-Israyeli, abangamakhulu amabili namashumi ayisihlanu, izikhulu zenhlangano, amanxusa ebandla, amadoda adumileyo;

3babahlanganyela oMose no-Aroni, bathi kubo: Sekwanele okwenu, lokhu inhlangano yonke ingcwele, bonke bayo, noJehova ekubo; niziphakamiselani, pho, phezu kwebandla likaJehova na?

4UMose esekuzwile wawa ngobuso bakhe;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5wakhuluma kuKora nakulo iviyo lakhe, wathi: Kusasa uJehova uyakwazisa ukuthi ngubani ongowakhe nokuthi ngubani ongcwele, amsondeze kuye; lowo ayakumkhetha uyakumsondeza kuye.

6Yenzani lokhu: zithabatheleni imicengezi yomlilo, wena Kora neviyo lakho lonke,

7nifake kuyo umlilo, nibeke impepho kuyo phambi kukaJehova kusasa; kuyakuthi umuntu amkhethayo uJehova, abengcwele; sekwanele okwenu, madodana kaLevi.

8UMose wathi kuKora: Ake nizwe, madodana kaLevi:

9 kuyinto encane yini kini ukuthi uNkulunkulu ka-Israyeli unahlukanisile nenhlangano ka-Israyeli, wanisondeza kuye ukwenza inkonzo yetabernakele likaJehova nokuma phambi kwenhlangano ukuyikhonza,

10nokuthi ukusondezile wena, nabafowenu bonke, amadodana kaLevi, kanye nawe na? Senifisa nobupristi futhi na?

11Ngalokho wena nalo lonke iviyo lakho nimhlanganyele uJehova; no-Aroni uyini yena ukuba nikhonone ngaye na?

12UMose wathuma wabiza oDathani no-Abiramu, amadodana ka-Eliyabe; bathi: Asiyikukhuphuka;

13kuyinto encane yini ukuthi wasikhuphula ezweni elivame ubisi nezinyosi ukuba usibulale ehlane; usuyazenza nesikhulu phezu kwethu na?

14Futhi awusingenisanga ezweni elivame ubisi nezinyosi, awusinikanga ifa lamasimu nelezivini; uyakubhoboza amehlo alaba bantu na? Asiyikukhuphuka.

15 UMose wathukuthela kakhulu, wathi kuJehova: Unganaki umnikelo wabo; angithathanga nayinye imbongolo kubo, futhi angilimazanga namunye kubo.

16UMose wayesethi kuKora: Wena yiba nayo yonke inhlangano yakho phambi kukaJehova kusasa, wena, nabo, no-Aroni;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17thabathani, kube yilowo nalowo umcengezi wakhe womlilo, nibeke impepho kuyo, nilethe phambi kukaJehova kube yilowo nalowo umcengezi wakhe, imicengezi yomlilo engamakhulu amabili namashumi ayisihlanu, nawe futhi no-Aroni, kube yilowo nalowo umcengezi wakhe.

18Base bethatha, kwaba yilowo nalowo umcengezi wakhe womlilo, bafaka kuyo umlilo, babeka impepho ngaphezulu, bema ngasemnyango wetende lokuhlangana kanye noMose no-Aroni.

19UKora wahlanganisela kubo yonke inhlangano ngasemnyango wetende lokuhlangana; inkazimulo kaJehova yabonakala kuyo yonke inhlangano.

20UJehova wayesekhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

21 Zahlukaniseni nale nhlangano ukuba ngibaqede ngokuphazima kweso.

22 Bawa ngobuso babo, bathi: Nkulunkulu, Nkulunkulu wemimoya yenyama yonke, kona umuntu munye, uthukuthelele inhlangano yonke, na?

23UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

24 Yisho kuyo inhlangano, uthi: Khuphukani ngasekamu likaKora nelikaDathani nelika-Abiramu.

25UMose wavuka waya kuDathani naku-Abiramu; amalunga akwa-Israyeli amlandela.

26Wayesekhuluma kuyo inhlangano, wathi: Ake nisuke ematendeni alaba bantu ababi, ningathinti lutho olwabo, funa niqedwe ngezono zabo zonke.

27Base bekhuphuka ekamu likaKora nelikaDathani nelika Abiramu nxazonke; oDathani no-Abiramu baphuma, bema ngasemnyango wamatende abo kanye nawomkabo, namadodana abo, nezingane zabo.

28UMose wathi: Niyakwazi ngalokhu ukuthi uJehova ungithumile ukwenza yonke le misebenzi, ngokuba angiyenzanga ngowami umqondo.

29Uma laba bantu befa ngokufa kwabantu bonke, noma behlelwa ngokwehlela abantu bonke, uJehova uyakube kangithumanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30Kepha uma uJehova edala into entsha, umhlaba uvule umlomo wawo, ubagwinye kanye nakho konke okwabo, bashone besezwa endaweni yabafileyo, niyakuqonda ukuthi laba bantu bamdelele uJehova.

31Kwathi eseqedile onke lawo mazwi, umhlaba ophansi kwabo waqhekezeka;

32 umhlaba wavula umlomo wawo, wabagwinya nezindlu zabo, nabantu bonke bakaKora, nempahla yabo yonke.

33Bona bashona besezwa nakho konke okwabo endaweni yabafileyo; umhlaba wabagqiba, baqothulwa ebandleni.

34Bonke abakwa-Israyeli ababebazungeza babaleka ngokukhala kwabo, ngokuba bathi: Funa umhlaba usigwinye nathi.

35Umlilo waphuma kuJehova, waqeda abantu abangamakhulu amabili namashumi ayisihlanu, ababenikele ngempepho.

36UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

37 Yisho ku-Eleyazare indodana ka-Aroni umpristi ukuba akhiphe imicengezi yomlilo ekusheni, wena uwuhlakaze umlilo laphaya, ngokuba ingcwele,

38imicengezi yalaba boni abone imiphefumulo yabo ibe ngongcwecwe abakhandiweyo abayakulimboza i-altare, ngokuba banikela ngayo phambi kukaJehova; ngalokho ingcwele; iyakuba luphawu kubantwana bakwa-Israyeli.

39U-Eleyazare umpristi wayithatha imicengezi yethusi abanikele ngayo abashileyo; babakhanda baba yisimbozo se-altare,

40ibe yisikhumbuzo kubantwana bakwa-Israyeli, ukuze umfokazi ongesiye owenzalo ka-Aroni angasondeli ukushisa impepho phambi kukaJehova, angabi njengoKora neviyo lakhe, njengalokho uJehova wakhuluma kuye ngesandla sikaMose.

41Kepha ngolwangakusasa yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli yakhonona ngoMose nango-Aroni, yathi: Nibabulele abantu bakaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42Kwathi inhlangano isibahlanganyele oMose no-Aroni, babheka ngasetendeni lokuhlangana; bheka, ifu lalisibekela, inkazimulo kaJehova yabonakala.

43OMose no-Aroni bafika ngaphambi kwetende lokuhlangana.

44UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

45 Khuphuka kule nhlangano ukuba ngibaqede ngokuphazima kweso. Bawa ngobuso babo.

46UMose wathi ku-Aroni: Thatha umcengezi wakho womlilo, ubeke kuwo umlilo wase-altare, ufake impepho ngaphezulu, ukuyise masinyane kuyo inhlangano, uyenzele ukubuyisana, ngokuba kuphume intukuthelo kuJehova; isifo sesiqalile.

47U-Aroni wayesekuthatha njengalokho ekhulumile uMose, wagijima phakathi kwebandla; bheka, isifo sase siqalile phakathi kwabantu; wabeka impepho, wabenzela abantu ukubuyisana.

48Wema phakathi kwabafileyo nabaphilayo; isifo sanqamuka.

49Abafile ngesifo babe yizinkulungwane eziyishumi nane namakhulu ayisikhombisa ngaphandle kwalabo abafa ngendaba kaKora.

50U-Aroni wabuyela kuMose ngasemnyango wetende lokuhlangana; isifo sanqamuka.

## UNumeri 17

### Intonga ka-Aroni iyahluma

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Khuluma kubantwana bakwa-Israyeli, uthabathe kubo izintonga, ibe nye kuleyo naleyo ndlu kayise, kuzo zonke izikhulu njengezindlu zawoyise, izintonga eziyishumi nambili; loba wena igama lalowo nalowo muntu entongeni yakhe.

3Uyakuloba igama lika-Aroni entongeni kaLevi, ngokuba kuyakuba yintonga inye kuleyo naleyo nhloko yezindlu zawoyise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Uyakuzibekela etendeni lokuhlangana ngaphambi kobufakazi, lapho ngihlangana khona nawe.

5Kuyakuthi umuntu engiyakumkhetha, intonga yakhe ihlume, ngenze ukuba kuphele ngakimi ukukhonona kwabantwana bakwa-Israyeli abakhonona ngakho ngani.

6UMose wakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli, zonke izikhulu zamnika izintonga ngayinye kuleso naleso sikhulu njengezindlu zawoyise, izintonga eziyishumi nambili.

7UMose wazibeka izintonga phambi kukaJehova etendeni lobufakazi.

8 Kwathi ngolwangakusasa uMose wangena etendeni lobufakazi; bheka, intonga ka-Aroni yendlu kaLevi ibisihlumile, ivezile imiqumbe, iqhakazile izimbali, ithele ama-alimondi avuthiweyo.

9UMose wakhiphela bonke abantwana bakwa-Israyeli zonke izintonga ngaphambi kukaJehova, babheka, yilowo nalowo wathatha intonga yakhe.

10UJehova wathi kuMose: Buyisa intonga ka-Aroni ngaphambi kobufakazi, igcinwe ibe luphawu kubahlubuki, ukuze uqede ukukhonona kwabo ngami ukuba bangafi.

11UMose wenze njalo; njengalokho uJehova emyalile, wenze njalo-ke.

12Abantwana bakwa-Israyeli bakhuluma kuMose, bathi: Bheka, siyaphela, siyashabalala, sishabalala sonke.

13Bonke abasondelayo abasondela etabernakele likaJehova bayakufa; siyakuphela sonke na?

## UNumeri 18

### Umsebenzi wabapristi nowamaLevi

1UJehova wathi ku-Aroni: Wena namadodana akho nendlu kayihlo kanye nawe niyakuthwala ububi bendlu engcwele; wena namadodana akho kanye nawe niyakuthwala ububi bobupristi benu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Nabafowenu, isizwe sakwaLevi, isizwe sikayihlo, sondela nabo ukuba bahlanganiswe nawe, bakukhonze; kepha wena namadodana akho kanye nawe niyakuba ngaphambi kwetende lobufakazi.

3 Bayakugcina imfanelo yakho nenkonzo yetende lonke; kodwa abayikusondela empahleni yendlu engcwele nase-altare, ukuze bangafi, nabo nani.

4 Bayakuhlanganiswa nawe, bagcine inkonzo yetende lokuhlangana kuwo wonke umsebenzi wetende; umfokazi akayikusondela kuwe.

5 Niyakugcina inkonzo yendlu engcwele nenkonzo yase-altare, ukuze ulaka lungabe lusaba khona phezu kwabantwana bakwa-Israyeli.

6 Bhekani, mina ngithabathe abafowenu amaLevi phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli; bayisipho kini, benikelwe kuJehova ukwenza umsebenzi wetende lokuhlangana.

7 Wena namadodana akho kanye nawe niyakugcina ubupristi kukho konke okwe-altare, nakukho konke okuphakathi kwesihenqo; niyakukhonza; ngiyaninika ubupristi njengenkonzo yesipho; umfokazi osondelayo wobulawa.

8 UJehova wakhuluma ku-Aroni, wathi: Bheka, mina ngikunike ukugcina iminikelo yami yokuphakanyiswa; zonke izinto ezingcwelisiwe zabantwana bakwa-Israyeli ngikunikile zona wena namadodana akho ngenxa yokugcotshwa, kube yisimiso esiphakade.

9 Lokhu kuyakuba ngokwakho ezintweni ezingcwelengcwele ezisale emlilweni: yonke iminikelo yabo, yonke iminikelo yabo yempuphu, nayo yonke iminikelo yabo yesono, nayo yonke iminikelo yabo yecala abanikela ngayo kimi iyakuba ngcwelengcwele kuwe nakumadodana akho.

10 Niyakudlela lokhu endaweni engcwelengcwele; bonke abesilisa bayakukudla; kuyakuba ngcwele kuwe.

11 Lokhu kungokwakho: umnikelo wokuphakanyiswa wesipho sabo, nayo yonke iminikelo yokuzuliswa yabantwana bakwa-Israyeli; ngiyinikile wena

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

namadodana akho namadodakazi akho kanye nawe ibe yimfanelo ephakade; yilowo nalowo ohlambulukileyo endlini yakho uyakukudla.

12 Konke okuhle kwamanoni nakho konke okuhle kwewayini nokwamabele, ulibo lwalokho abanikela ngakho kuJehova ngikunikile khona.

13Ulibo oluvuthwa kuqala lwakho konke okusezweni lakubo abaluletha kuJehova luyakuba ngolwakho; yilowo nalowo ohlambulukileyo endlini yakho uyakukudla.

14 Konke okwahlukanisiwe kwa-Israyeli kuyakuba ngokwakho.

15Konke okuvula isizalo senyama yonke abanikela ngakho kuJehova, okomuntu nokwesilwane, kuyakuba ngokwakho; nokho izibulo lomuntu wolihlenga ngempela, nezibulo lezilwane ezingcolileyo wolihlenga.

16Okuhlengwayo kuyakuhlengwa kusukela kokunenyanga ngokulinganisa kwakho ngemali yamashekeli ayisihlanu ngokweshekeli lendlu engcwele elingamagera angamashumi amabili.

17 Kepha izibulo lenkomo, noma izibulo lemvu, noma izibulo lembuzi, awuyikulihlenga, lingcwele; uyakufafaza i-altare ngegazi lazo, ushise amanoni azo abe ngumnikelo womlilo wephunga elimnandi kuJehova.

18 Inyama yazo iyakuba ngeyakho; njengesifuba sokuzuliswa nomlenze wokunene iyakuba ngeyakho.

19Yonke iminikelo yezinto ezingcwele abantwana bakwa-Israyeli abanikela ngayo ngiyinikile wena namadodana akho namadodakazi akho kanye nawe ibe yimfanelo ephakade; kuyisivumelwano sikasawoti kuze kube phakade ngaphambi kukaJehova kuwena nakuyo inzalo yakho kanye nawe.

20UJehova wathi ku-Aroni: Awuyikuba nafa ezweni lakubo, futhi ungabi nasabelo phakathi kwabo; mina ngiyisabelo sakho nefa lakho phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Bhekani, ngibanikile abantwana bakwaLevi konke okweshumi kwa-Israyeli, kube yifa labo, ngomsebenzi abawusebenzayo, inkonzo yetende lokuhlangana.

22Abantwana bakwa-Israyeli mabangabe besasondela etendeni lokuhlangana, funa bathwale isono, bafe.

23Kepha amaLevi ayakugcina inkonzo yetende lokuhlangana, athwale ububi bawo; kuyakuba yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu; naphakathi kwabantwana bakwa-Israyeli abayikuba nafa.

24 Ngokuba okweshumi kwabantwana bakwa-Israyeli abanikela ngakho, kube ngumnikelo wokuphakanyiswa kuJehova, ngikunikile amaLevi kube yifa lawo; ngalokho ngishilo kuwo, ngathi: Phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli aniyikuba nafa.

25UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

26 Futhi uyakukhuluma kumaLevi, uthi kuwo: Nxa nithabatha kwabakwa-Israyeli okweshumi engininike khona kuvela kubo, kube yifa lenu, niyakunikela ngomnikelo wokuphakanyiswa kuJehova, okweshumi kokweshumi.

27Umnikelo wenu wokuphakanyiswa uyakubalelwa nina, njengalokho bekungamabele esibuya nanjengokugcwala kwesikhamo sewayini.

28Kanjalo nani niyakunikela ngomnikelo wokuphakanyiswa kuJehova ngakho konke okweshumi kwenu enikwamukelayo kubantwana bakwa-Israyeli; niyakunikela ku-Aroni umpristi ngomnikelo wokuphakanyiswa kaJehova.

29Kuzo zonke izipho zenu niyakunikela ngayo yonke iminikelo yokuphakanyiswa kuJehova, konke okuhle kwayo, inxenye yayo engcwelisiweyo.

30 Ngalokho uyakusho kubo ukuthi: Nxa niphakamisa okuhle kwayo, kuyakubalelwa amaLevi njengokwanda kwesibuya nokwanda kwesikhamo sewayini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

31Niyakukudlela ezindaweni zonke, nina nabezindlu zenu, ngokuba
kungumvuzo wenu ngomsebenzi wenu etendeni lokuhlangana.

32Aniyikuthwala sono ngenxa yakho, lapho seniphakamisile okuhle kwakho,
ningahlambalazi izinto ezingcwele zabantwana bakwa-Israyeli ukuba ningafi.

## UNumeri 19

### Isithole esibomvu

1UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni, wathi:

2 Lokhu kuyisimiso somthetho uJehova ayalile ngaso ukuthi: Yisho
kubantwana bakwa-Israyeli ukuba balethe kuwe isithole esibomvu
esingenasici, singenansolo, okungazange kubekwe ijoka phezu kwaso,

3 nisinike u-Eleyazare umpristi, yena asikhiphele ngaphandle kwekamu,
sihlatshwe phambi kwakhe;

4 u-Eleyazare umpristi uyakuthabatha igazi laso ngomunwe wakhe, afafaze
kasikhombisa ngaphambi kwetende lokuhlangana ngegazi laso,

5 isithole sishiswe phambi kwakhe, isikhumba saso, nenyama yaso, negazi
laso, kanye nomswani waso kushiswe;

6 umpristi uyakuthabatha umsedari, nehisopi, nendwangu ebomvu,
akuphonse phakathi kokushayo kwesithole.

7Umpristi useyakuhlanza izingubo zakhe, ageze umzimba wakhe ngamanzi,
andukuba angene ekamu, umpristi abe ngongcolile kuze kuhlwe.

8Osishisayo uyakuhlanza izingubo zakhe ngamanzi, ageze umzimba wakhe
ngamanzi, abe ngongcolile kuze kuhlwe.

9 Umuntu ohlambulukileyo uyakubutha umlotha wesithole, awubekele
ngaphandle kwekamu endaweni ehlambulukileyo, ugcinelwe inhlangano
yabantwana bakwa-Israyeli kube ngamanzi okuphothula; kungumnikelo
wesono.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[10]Obutha umlotha wesithole uyakuhlanza izingubo zakhe, abe ngongcolile kuze kuhlwe; kuyakuba yisimiso esiphakade kubantwana bakwa-Israyeli nakumfokazi ogogobeleyo phakathi kwabo.

[11] Othinta isidumbu somuntu uyakuba ngongcolile izinsuku eziyisikhombisa.

[12]Uyakuziphothula ngawo ngosuku lwesithathu, nangosuku lwesikhombisa uyakuhlambuluka; kepha uma engaziphothuli ngosuku lwesithathu, akayikuhlambuluka ngosuku lwesikhombisa.

[13]Yilowo nalowo othinta isidumbu somuntu ofileyo, angaziphothuli, uyangcolisa itabernakele likaJehova; lowo muntu uyakunqunywa ku-Israyeli, ngokuba amanzi okuphothula akafafazwanga ngawo; uyakuba ngongcolile; ukungcola kwakhe kuse kuye.

### Amanzi okuphothula

[14] Nanku umthetho, uma umuntu efela etendeni: yilowo nalowo ongena etendeni nalowo osetendeni uyakuba ngongcolile izinsuku eziyisikhombisa.

[15]Nazo zonke izitsha ezivulekileyo ezingenaso isisibekelo esiboshwe kuzo zingcolile.

[16] Yilowo nalowo othinta endle obulewe ngenkemba, noma isidumbu, noma ithambo lomuntu, noma ithuna, uyakuba ngongcolile izinsuku eziyisikhombisa.

[17] Abangcolileyo bayakuthatha umlotha wokushayo komnikelo wesono, namanzi agobhozayo ayakuthelwa kanye nawo esitsheni,

[18]umuntu ohlambulukileyo athabathe ihisopi, aligcobhoze emanzini, afafaze ngawo itende, nezitsha zonke, nabantu ababelapho, nowathinta ithambo, noma ababuleweyo, noma abafileyo, noma ithuna,

[19]umuntu ohlambulukileyo amfafaze ongcolileyo ngosuku lwesithathu nangosuku lwesikhombisa, amphothule ngosuku lwesikhombisa, ahlanze izingubo zakhe, ageze ngamanzi, ahlambuluke ngakusihlwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[20]Kepha umuntu ongcolayo engaziphothuli, lowo muntu uyakunqunywa phakathi kwebandla, ngokuba ungcolisile indlu engcwele kaJehova; amanzi okuphothula akafafazwanga ngawo; ungcolile.

[21]Kuyakuba yisimiso esiphakade kubo; ofafaza amanzi okuphothula uyakuhlanza izingubo zakhe, nothinta amanzi okuphothula uyakuba ngongcolile kuze kuhlwe.

[22]Lokhu umuntu ongcolileyo akuthintayo kuyakuba ngokungcolile; umuntu okuthintayo uyakuba ngongcolile kuze kuhlwe.

## UNumeri 20

### Ukufa kukaMiriyamu

[1]Abantwana bakwa-Israyeli, yonke inhlangano, bafika ehlane laseSini ngenyanga yokuqala; abantu bahlala eKadeshi; uMiriyamu wafela khona, wembelwa khona futhi.

### Amanzi aseMeriba

[2]Kwakungekho manzi lapho kuyo inhlangano; babahlanganyela oMose no-Aroni.

[3] Abantu balwa noMose, bakhuluma bathi: Sengathi ngabe safa ekufeni kwababfowethu phambi kukaJehova.

[4]Niletheleni ibandla likaJehova kuleli hlane, ukuze sifele lapha, thina nezinkomo zethu, na?

[5]Nasikhuphulelani eGibithe, ukuze silethwe kule ndawo embi, na? Akusiyo indawo yembewu, noma eyamakhiwane, noma eyemivini, noma eyamapomegranati, kungekho futhi amanzi okuphuza.

[6]OMose no-Aroni basuka ebusweni bebandla ukuya ngasemnyango wetende lokuhlangana, bawa ngobuso babo; inkazimulo kaJehova yabonakala kubo.

[7]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[8] Thabatha intonga, ubuthe inhlangano, wena no-Aroni umfowenu, nikhulume kulo idwala eliphambi kwamehlo abo ukuba liveze amanzi alo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

uyakubavezela amanzi edwaleni, ukuze unike inhlangano nezinkomo zayo ukuphuza.

9UMose wathabatha intonga phambi kukaJehova, njengalokho eyalile.

10OMose no-Aroni babutha ibandla phambi kwedwala; wathi-ke kubo: Yizwani manje nina bahlubuki; siyakunivezela yini amanzi kuleli dwala na?

11 UMose waphakamisa isandla sakhe, walishaya idwala kabili ngentonga yakhe, kwaphuma amanzi amaningi, inhlangano yaphuza kanye nezinkomo zayo.

12 UJehova wathi kuMose naku-Aroni: Njengokuba anikholwanga yimi ukungingcwelisa emehlweni abantwana bakwa-Israyeli, ngalokho aniyikungenisa leli bandla ezweni engibanike lona.

13 Lokhu kwakungamanzi aseMeriba, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli balwa noJehova, wangcweliswa kubo.

### U-Edomi uvimbela u-Israyeli

14 UMose wathuma izithunywa enkosini yakwa-Edomi, zisuka eKadeshi, wathi: Usho kanje umfowenu u-Israyeli: Uyazazi zonke izinkathazo ezisehlele

15ukuthi obaba behlela eGibithe, sahlala eGibithe isikhathi eside; abaseGibithe basiphatha kabi thina nawobaba;

16 lapho sakhala kuJehova, walizwa izwi lethu, wathuma ingelosi, wasikhipha eGibithe; bheka sesiseKadeshi, umuzi oseceleni komkhawulo wakho;

17ake sidabule izwe lakho; asiyikudabula amasimu nezivini, singaphuzi amanzi emithombo; siyakuhamba ngomgwaqo wenkosi, singajiki ngakwesokunene nangakwesokhohlo size sidlule umkhawulo wakho.

18U-Edomi wathi kuye: Awuyikudabula kimi, funa ngikusukele ngenkemba.

19Abantwana bakwa-Israyeli bathi kuye: Siyakukhuphuka ngomgwaqo; uma siphuza amanzi akho, mina nezinkomo zami, ngiyakukhokhela imali yawo. Mangidabule nje ngezinyawo zami, kungabi ngokunye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Kepha wathi: Awuyikudabula. U-Edomi wayesephuma wamsukela nabantu abaningi nesandla esinamandla.

[21]Kanjalo u-Edomi wala ukuba u-Israyeli adabule izwe lakhe; ngalokho u-Israyeli wachezuka kuye.

### Ukufa kuka-Aroni

[22] Basuka eKadeshi; abantwana bakwa-Israyeli, inhlangano yonke, bafika entabeni yaseHori.

[23]UJehova wakhuluma kuMose naku-Aroni entabeni yaseHori ngasemkhawulweni wezwe lakwa-Edomi, wathi:

[24] U-Aroni uyakubuthelwa kubantu bakhe, ngokuba akayikungena ezweni engibanike lona abantwana bakwa-Israyeli, lokhu nahlubuka ezwini lami ngasemanzini aseMeriba.

[25]Thabatha o-Aroni no-Eleyazare, indodana yakhe, ubakhuphulele entabeni yaseHori,

[26] umkhumule u-Aroni izambatho zakhe, uzifake ku-Eleyazare indodana yakhe; u-Aroni uyakubuthelwa kubantu bakhe, afele khona.

[27]UMose wenza njengalokho uJehova eyalile; bakhuphukela entabeni yaseHori emehlweni enhlangano yonke.

[28] UMose wamkhumula u-Aroni izambatho zakhe, wazifaka ku-Eleyazare indodana yakhe; u-Aroni wafela khona esiqongweni sentaba; oMose no-Eleyazare behla entabeni.

[29]Lapho inhlangano yonke ibona ukuthi u-Aroni ufile, bamlilela u-Aroni izinsuku ezingamashumi amathathu, yonke indlu yakwa-Israyeli.

## UNumeri 21

### Ukunqotshwa kwenkosi yase-Aradi

[1] UmKhanani, inkosi yase-Aradi, owayakhe eningizimu, wezwa ukuthi u-Israyeli uyeza ngendlela yase-Atarimi; walwa no-Israyeli, wathumba abanye kubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2U-Israyeli wenza isithembiso kuJehova, wathi: Uma unikela nokunikela laba bantu esandleni sami, ngiyakuchitha impela imizi yabo.

3UJehova walilalela izwi lika-Israyeli, wanikela amaKhanani; bawaqothula kanye nemizi yawo; igama laleyo ndawo lathiwa iHorma.

### Inyoka yethusi

4Basuka entabeni yaseHori ngendlela yoLwandle Olubomvu ukuba bazungeze izwe lakwa-Edomi; inhliziyo yabantu yaphela amandla ngenxa yendlela.

5Abantu bakhuluma kabi ngoNkulunkulu nangoMose, bathi: Nisikhuphuleleni eGibithe ukuba sifele ehlane na? Ngokuba akukho sinkwa, akukho manzi; umphefumulo wethu uyanengwa yilesi sinkwa esilulana.

6 UJehova wathuma izinyoka ezinesihlungu phakathi kwabantu, zabaluma abantu; abantu abaningi bakwa-Israyeli bafa.

7Abantu bafika kuMose, bathi: Sonile, ngokuba sikhulume kabi ngoJehova nangawe; khuleka kuJehova ukuba asuse izinyoka kithi. UMose wabakhulekela abantu.

8UJehova wathi kuMose: Zenzele inyoka enesihlungu, uyibeke ensikeni; kuyakuthi yilowo nalowo olunywayo, lapho eyibheka, uyakusinda.

9UMose wenza inyoka yethusi, wayibeka ensikeni; kwathi lapho inyoka imlumile umuntu, uma ebeyibheka inyoka yethusi, wasinda.

10Abantwana bakwa-Israyeli bahamba, bamisa e-Oboti.

11Basuka e-Oboti, bamisa e-Iye Abarimi ehlane elingaphandle kwelakwaMowabi ngasempumalanga.

12Basuka lapho, bamisa esiGodini saseZeredi.

13Basuka lapho, bamisa ngaphesheya kwe-Arinoni elisehlane, elivela emkhawulweni wama-Amori, ngokuba i-Arinoni lingumkhawulo welakwaMowabi, phakathi kwelakwaMowabi nama-Amori.

14Ngalokho kuthiwa eNcwadini yeziMpi zikaJehova: IVahebi laseSufa, nezigodi zase-Arinoni,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15nomthambeka wezigodi othambeka ngasezweni le-Ari, oncike
emkhawulweni wakwaMowabi.

16Basuka lapho, baya eBeri; lokhu kungumthombo asho ngawo uJehova
kuMose, wathi: Butha abantu, ngibaphe amanzi.

17U-Israyeli wayesehlabelela lesi sihlabelelo sokuthi: Mpompoza, mthombo,
nihlabelele kuwo,

18umthombo ezawumba izikhulu, abawugubha abakhulu babantu ngentonga
yobukhosi nangezindondolo zabo. Basuka ehlane, baya eMathana.

19Basuka eMathana, baya eNahaliyeli; basuka eNahaliyeli, baya eBamoti;

20basuka eBamoti, baya esigodini esisezweni lakwaMowabi nasesiqongweni
sasePisiga, elibheke ngenzansi ngasehlane.

### Ukunqotshwa kukaSihoni no-Ogi

21 U-Israyeli wathuma izithunywa kuSihoni inkosi yama-Amori, wathi:

22 Ake sidabule izwe lakho; asiyikuchezukela emasimini noma ezivinini,
singaphuzi amanzi emithombo; siyakuhamba ngomgwaqo wenkosi, size
sidlule umkhawulo wakho.

23USihoni wayengamvumeli u-Israyeli ukudabula izwe lakhe, kepha uSihoni
wabutha bonke abantu bakhe, waphuma eyomhlasela u-Israyeli ehlane,
wafika eJahasi, walwa no-Israyeli.

24 U-Israyeli wamnqoba ngosiko lwenkemba, wadla izwe lakhe, kusukela e-
Arinoni kuze kufike eJaboki nakubo abantwana bakwa-Amoni, ngokuba
umkhawulo wabantwana bakwa-Amoni wawunamandla.

25U-Israyeli wathatha yonke le mizi; u-Israyeli wahlala emizini yonke yama-
Amori eHeshiboni nasemizini yonke yalo.

26Ngokuba iHeshiboni lalingumuzi kaSihoni inkosi yama-Amori owayelwile
nenkosi endala yakwaMowabi, wathatha lonke izwe lakhe esandleni sakhe
kwaze kwafika e-Arinoni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Ngalokho abakhulu ngezaga basho bathi: Wozani eHeshiboni; makwakhiwe, umuzi kaSihoni umiswe;

28 ngokuba umlilo uphumile eHeshiboni; ilangabi livelile emzini kaSihoni; liqedile i-Ari lakwaMowabi nabakhe emadulini ase-Arinoni.

29Maye kuwena Mowabi! Niphelile, nina bantu bakaKemoshi; unikele amadodana akhe abe ngababaleki, namadodakazi akhe athunjwe kuSihoni inkosi yama-Amori.

30 Sibacibishele; iHeshiboni liphelile kuze kube seDiboni; sichithile kuze kube seNofa elingaseMedeba.

31Kanjalo u-Israyeli wahlala ezweni lama-Amori.

32UMose wathuma ukuhlola iJazeri, bathatha imizi yalo, baxosha ama-Amori ayelapho.

33 Baphenduka, bakhuphuka ngendlela yaseBashani; u-Ogi inkosi yaseBashani waphuma, wabasukela, yena nabo bonke abantu bakhe, ukuyokulwa ngase-Edireyi.

34UJehova wathi kuMose: Ningamesabi, ngokuba ngimnikele esandleni sakho kanye nabantu bakhe bonke nezwe lakhe; uyakwenza kuye njengalokho wenza kuSihoni inkosi yama-Amori owahlala eHeshiboni.

35Base bemnqoba-ke, namadodana akhe, nabo bonke abantu bakhe, waze wangasalelwa muntu; badla izwe lakubo.

## UNumeri 22

### UBalaki ulanda uBileyamu

1Abantwana bakwa-Israyeli bahamba, bamisa emathafeni akwaMowabi ngaphesheya kweJordani ngaseJeriko.

2UBalaki indodana kaSipori wabona konke akwenzile u-Israyeli kuwo ama-Amori.

3UMowabi wayesesaba kakhulu abantu, ngokuba babebaningi; uMowabi waba nosizi ngenxa yabantwana bakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 UMowabi wathi kumalunga akwaMidiyani: Manje leli bandla liyakukhotha konke okungakithi nxazonke, njengalokhu inkabi ikhotha utshani bedlelo. UBalaki indodana kaSipori wayeyinkosi yakwaMowabi ngaleso sikhathi.

5 Wathuma izithunywa kuBileyamu indodana kaBeyori ePethori elingasemfuleni ezweni labantwana babantu bakhe ukumbiza ngokuthi: Bheka, nampa abantu abaphumile eGibithe; bheka, basibekela ubuso bomhlaba; sebehlala malungana nami;

6 ngalokho ake uze manje, ungiqalekisele laba bantu, ngokuba bayangahlula; mhlawumbe ngingaze ngibe namandla ukuba sibanqobe, ngibaxoshe ezweni, ngokuba ngiyazi ukuthi ombusisayo ubusisiwe, nomqalekisayo uqalekisiwe.

7 Amalunga akwaMowabi namalunga akwaMidiyani asuka enenkokhelo yokubhula esandleni sawo; ayesefika kuBileyamu, akhuluma kuye amazwi kaBalaki.

8 Wathi-ke kuwo: Hlalani lapha lobu busuku, nginibuyisele izwi, njengalokhu uJehova eyakukhuluma kimi. Izikhulu zakwaMowabi zahlala-ke kuBileyamu.

9 UNkulunkulu wafika kuBileyamu, wathi: Ngobani lawa madoda akuwe na?

10 UBileyamu wathi kuNkulunkulu: UBalaki indodana kaSipori, inkosi yakwaMowabi, uthumile kimi wathi:

11 Bheka, abantu abaphumile eGibithe basibekela ubuso bomhlaba; woza kalokhu, ungiqalekisele bona; mhlawumbe ngingaze ngibe namandla ukulwa nabo, ngibaxoshe.

12 UNkulunkulu wathi kuBileyamu: Awuyikuhamba nawo; awuyikuqalekisa abantu, ngokuba babusisiwe.

13 UBileyamu wavuka ekuseni, wathi kuzo izikhulu zikaBalaki: Buyelani ezweni lakini, ngokuba uJehova uyangalela ukuba ngihambe nani.

14 Izikhulu zakwaMowabi zasuka, zaya kuBalaki, zathi: UBileyamu uyala ukufika nathi.

15 UBalaki wabuye wathuma izikhulu, ziningi, zidumile kunezokuqala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

16Zafika kuBileyamu, zathi kuye: Usho kanje uBalaki indodana kaSipori, uthi: Ake ungavinjwa lutho ukuza kimi,

17ngokuba ngiyakukunika udumo olukhulu, nakho konke ongitshela khona ngiyakukwenza; ake uze ngalokho manje, ungiqalekisele laba bantu.

18 UBileyamu waphendula wathi kuzo izinceku zikaBalaki: Noma uBalaki ebeyakunginika indlu yakhe igcwele isiliva negolide, anginakulidlula izwi likaJehova uNkulunkulu wami ukwenza okuncane nokukhulu.

19Ngalokho ake nihlale nani lapha lobu busuku, ukuze ngazi ukuthi uJehova useyakukhulumani kimi futhi.

20UNkulunkulu weza kuBileyamu ebusuku, wathi kuye: Uma amadoda efika ukukubiza, vuka uhambe nawo; kepha lelo zwi kuphela engilikhuluma kuwe uyakulenza.

21UBileyamu wavuka ekuseni, wabophela imbongolo yakhe, wahamba nezikhulu zakwaMowabi.

22Intukuthelo kaNkulunkulu yavutha ngokuba wahamba; ingelosi kaNkulunkulu yema endleleni ukuba imelane naye. Wayekhwele imbongolo yakhe, izinceku zakhe ezimbili zinaye.

23Imbongolo yabona ingelosi kaJehova imi endleleni, inenkemba yayo ehoshiweyo esandleni sayo; imbongolo yachezuka endleleni, yaya ensimini, kepha uBileyamu wayishaya imbongolo ukuyibuyisela endleleni.

24Ingelosi kaJehova yayisima endleleni engumngcingo phakathi kwezivini, kwaba ludonga ngalapha nodonga ngalapha.

25Imbongolo yayibona ingelosi kaJehova, yazigqula odongeni, yalimaza unyawo lukaBileyamu ngasodongeni; wabuye wayishaya.

26Ingelosi kaJehova yaqhubeka yema endaweni eminyeneyo, lapho kwakungekho khona indlela yokujika ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Imbongolo yayibona ingelosi kaJehova, yalala phansi kukaBileyamu; intukuthelo kaBileyamu yavutha, wayishaya imbongolo ngenduku yakhe.

28UJehova wavula umlomo wembongolo, yathi kuBileyamu: Ngenzeni kuwe ukuba ungishaye kathathu na?

29UBileyamu wathi embongolweni: Ngokuba ungiswabulele; sengathi ngabe kukhona inkemba esandleni sami, ngokuba ngabe sengikubulele.

30Kepha imbongolo yathi kuBileyamu: Angisiyo imbongolo yakho oyikhwele konke ukuhamba kwakho kuze kube manje na? Ngangivama ukwenza kanjalo kuwe na? Wathi: Qha.

31UJehova wayesevula-ke amehlo kaBileyamu, wayibona ingelosi kaJehova imi endleleni, inenkemba yayo ehoshiweyo esandleni sayo; wagoba ikhanda, wawa ngobuso bakhe.

32Ingelosi kaJehova yathi kuye: Uyishayeleni imbongolo yakho kathathu na? Bheka, ngiphumele ukumelana nawe, ngokuba indlela yakho iyingozi phambi kwami;

33imbongolo yangibona, yachezuka phambi kwami kathathu; uma ibingachezukanga kimi, ngabe sengikubulele, ngayisindisa yona.

34Wathi uBileyamu kuyo ingelosi kaJehova: Ngonile; ngokuba bengingazi ukuthi umi endleleni umelene nami; ngalokho uma kukubi emehlweni akho, ngiyakubuyela emuva.

35Yayisithi ingelosi kaJehova kuBileyamu: Hamba nalawa madoda, kepha lelo zwi kuphela engiyakulikhuluma kuwe uyakulikhuluma. UBileyamu wayesehamba nezikhulu zikaBalaki.

36UBalaki esezwa ukuthi uBileyamu uyeza, waphuma ukumhlangabeza e-Iri Mowabi elisemkhawulweni wase-Arinoni, liseceleni komkhawulo.

37UBalaki wathi kuBileyamu: Angithumanga nokuthuma kuwe ukukubiza na? Awufikanga ngani kimi? Anginamandla yini okukunika udumo na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

38UBileyamu wathi kuBalaki: Bheka, sengifikile kuwe, anginamandla nokho manje okukhuluma utho. Izwi uNkulunkulu alifaka emlonyeni wami, ngiyakukhuluma lona.

39UBileyamu wahamba noBalaki, bafika eKiriyati Husoti.

40UBalaki wanikela ngezinkabi nangezimvu, wazithuma kuBileyamu nakuzo izikhulu ezinaye.

41Kwathi ekuseni uBalaki wamthatha uBileyamu, wamyisa ezindaweni eziphakemeyo zikaBali, wabona elapho inxenye yabantu.

## UNumeri 23

### UBileyamu ubusisa u-Israyeli

1UBileyamu wathi kuBalaki: Ngakhele lapha ama-altare ayisikhombisa, ungilungisele lapha izinkunzi eziyisikhombisa nezinqama eziyisikhombisa.

2UBalaki wenza-ke njengalokho uBileyamu ekhulumile; oBalaki noBileyamu banikela kulelo nalelo altare inkunzi nenqama.

3UBileyamu wathi kuBalaki: Yima ngasemnikelweni wakho wokushiswa, mina ngihambe; mhlawumbe uJehova angafika ukungihlangabeza; konke angitshengisa khona ngiyakukutshela. Waya edulini elingenalutho.

4UNkulunkulu wahlangana noBileyamu; yena wathi kuye: Sengilungisile ama-altare ayisikhombisa, nganikela ngenkunzi nangenqama kulelo nalelo altare.

5UJehova wafaka izwi emlonyeni kaBileyamu, wathi: Buyela kuBalaki, ukhulume kanje.

6Wayesebuyela kuye; bheka, wayemi ngasemnikelweni wokushiswa, yena nazo zonke izikhulu zakwaMowabi.

7 Wayesethatha isisho sakhe, wathi: E-Aramu uBalaki ungilandile, inkosi yakwaMowabi ezintabeni zasempumalanga: woza ungiqalekisele uJakobe; woza umdlelesele u-Israyeli.

8Ngingamqalekisa kanjani ongaqalekiswanga nguNkulunkulu na? Ngingamdlelesela ongadleleselwanga nguNkulunkulu na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ngokuba ngisesiqongweni samadwala ngiyambona, ngisemadulini ngiyambuka; bheka, kungabantu abahlala bodwa, abangayikubalwa phakathi kwezizwe.

10 Ngubani ongabala uthuli lukaJakobe, abale okwesine kuka-Israyeli, na? Mangife ukufa kolungileyo, nokuphela kwami makube njengokwakhe.

11 UBalaki wathumela kuBileyamu, wathi: Wenzeni kimi na? Ngakuthatha ukuba uqalekise izitha zami; bheka, uzibusisile nokuzibusisa.

12 Waphendula wathi: Angiyikuqaphela ukukhuluma lokhu uNkulunkulu akufakile emlonyeni wami na?

13 UBalaki wayesethi kuye: Ake uze nami, siye kwenye indawo, lapho ungababona khona; uyakubona inxenye yabo kuphela, ungaboni bonke; ungiqalekisele bona uselapho.

14 Wamyisa ensimini yaseSofimu esiqongweni sasePisiga, wakha ama-altare ayisikhombisa, wanikela ngenkunzi nangenqama kulelo nalelo altare.

15 Wathi kuBalaki: Yima lapha ngasemnikelweni wakho wokushiswa, mina ngilinde laphaya.

16 UJehova wayesehlangana noBileyamu, wafaka izwi emlonyeni wakhe, wathi: Buyela kuBalaki, ukhulume kanje.

17 Wayesefika kuye; bheka, wayemi ngasemnikelweni wakhe wokushiswa, izikhulu zakwaMowabi zinaye. UBalaki wathi kuye: UJehova ukhulume ngokuthini na?

18 Wayesethatha isisho sakhe, wathi: Vuka, Balaki, uzwe; ngilalele, wena ndodana kaSipori:

19 uNkulunkulu akasiye umuntu ukuba aqambe amanga, nandodana yomuntu ukuba azisole; ushilo, angayikukwenza, na? Ukhulumile, angayikukuphelelisa, na?

20 Bheka, ngiyaliwe ukubusisa; yena ubusisile, anginakukubuyisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

21Akabonanga ingozi kuJakobe, akabukanga nankathazo kwa-Israyeli. UJehova uNkulunkulu wakhe unaye, nesenanelo senkosi siphakathi kwabo.

22UNkulunkulu wabakhipha eGibithe; unjengezimpondo zenyathi kubo.

23 Ayikho imilingo engamelana noJakobe; akukho ukubhula okungamelana no-Israyeli; manje sekuyashiwo ngoJakobe nango-Israyeli ukuthi uNkulunkulu wenzeni.

24Bheka, abantu bavuka njengengonyamakazi, nanjengengonyama bayaziphakamisa; abayikulala phansi, bengakayidli impango, baphuze igazi lababuleweyo.

25UBalaki wayesethi kuBileyamu: Ungabaqalekisi nokubaqalekisa, futhi ungababusisi nokubabusisa.

26Kepha uBileyamu waphendula, wathi kuBalaki: Angikutshelanga yini ukuthi konke uNkulunkulu akukhulumayo ngiyakukwenza na?

27Wathi uBalaki kuBileyamu: Ake uze, ngikuyise kwenye indawo; mhlawumbe kungaba kuhle emehlweni kaNkulunkulu ukuba ungiqalekisele bona uselapho.

28UBalaki wamyisa uBileyamu esiqongweni sasePeyori elibheke ngenzansi ngasehlane.

29UBileyamu wayesethi kuBalaki: Ngakhele lapha ama-altare ayisikhombisa, ungilungisele izinkunzi eziyisikhombisa nezinqama eziyisikhombisa.

30UBalaki wenza-ke njengalokho eshilo uBileyamu; wanikela ngenkunzi nangenqama kulelo nalelo altare.

## UNumeri 24

### UBileyamu uyaphinda ukubusisa u-Israyeli; ubuyela ekhaya

1 UBileyamu esebonile ukuthi kwakukuhle kuJehova ukubusisa u-Israyeli, akayanga njengakuqala ukulindela imilingo, kepha wabhekisa ubuso bakhe ngasehlane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 UBileyamu waphakamisa amehlo akhe, wabona u-Israyeli ehlezi ngokwezizwe zakhe; uMoya kaJehova wehlela phezu kwakhe.

3 Wayesethatha isisho sakhe, wathi: UBileyamu indodana kaBeyori uthi, umuntu omehlo akhe avuliwe uthi,

4 ozwileyo amazwi kaNkulunkulu, obonile umbono kaSomandla uthi, ewela phansi, kuvulwe amehlo akhe:

5 Mahle kangaka amatende akho, Jakobe, namatabernakele akho, Israyeli.

6 Elulekile njengezigodi, njengamasimu ngasemfuleni, njengemihlaba ayitshalile uJehova, njengemisedari ngaseceleni kwamanzi.

7 Amanzi ayakugobhoza, aphume ezimbizeni zakhe, imbewu yakhe ibe semanzini amaningi, inkosi yakhe ibe nkulu kuno-Agagi, umbuso wakhe uphakame.

8 UNkulunkulu wamkhipha eGibithe; unjengezimpondo zenyathi kubo; uyakuqeda izizwe, izitha zakhe, aphule amathambo azo, azigwaze ngemicibisholo yakhe.

9 Wabuthalala, walala phansi njengengonyama, nanjengengonyamakazi, ngubani oyakumvusa na? Mababusiswe bonke abakubusisayo, baqalekiswe bonke abakuqalekisayo.

10 Ulaka lukaBalaki lwamvuthela uBileyamu, washaya izandla zakhe; uBalaki wathi kuBileyamu: Ngakubiza ukuba uqalekise izitha zami; bheka, ubabusisile nokubabusisa kathathu.

11 Ngalokho baleka uye endaweni yakho; bengithi ngiyakukunika udumo olukhulu; kepha bheka, uJehova ugodlile udumo kuwe.

12 UBileyamu wathi kuBalaki: Angikhulumanga yini kuzo izithunywa zakho owazithuma kimi ukuthi:

13 Noma uBalaki ebeyakunginika indlu yakhe igcwele isiliva negolide, anginakulidlula izwi likaJehova ngenhliziyo yami ukwenza okuhle noma okubi; akukhulumayo uJehova lokhu ngiyakukukhuluma, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[14]Bheka manje, ngibuyela kubantu bakithi; woza ngikumemezelele ukuthi laba bantu bayakwenzani kubantu bakini ngezinsuku ezizayo.

[15]Wayesethatha isisho sakhe, wathi: UBileyamu indodana kaBeyori uthi, umuntu oso lakhe livuliwe uthi,

[16]ozwileyo amazwi kaNkulunkulu, owazi ukwazi koPhezukonke, obonile umbono kaSomandla, ewela phansi, kuvulwe amehlo akhe, uthi:

[17] Ngiyambona, kepha kungemanje; ngiyambheka, kodwa kungeseduze; kuyakuvela inkanyezi kuJakobe, nentonga yobukhosi iyakuvuka kwa-Israyeli, ishaye uMowabi emaceleni, ichithe onke amadodana kaSheti.

[18] U-Edomi uyakuba yifa; uSeyiri uyakuba yifa naye, owayengowezitha zakhe, u-Israyeli esenza okubuqhawe.

[19]Uyakuvela kuJakobe, achithe insali emzini.

[20] Wayesembuka u-Amaleki, wathatha isisho sakhe, wathi: U-Amaleki wayengesokuqala sezizwe, kepha ukugcina kwakhe kungukubhubha.

[21]Wayesewabuka amaKheni, wathatha isisho sakhe, wathi: Inamandla indawo yakho yokuhlala; isidleke sakho simisiwe edwaleni.

[22]Nokho uKayini uyakuchithwa uze uthunjwe ngu-Ashuri.

[23]Wathatha isisho sakhe, wathi: Maye, ngubani oyakuphila, lapho uNkulunkulu ekwenza lokhu, na?

[24]Imikhumbi iyakuvela ogwini lwaseKitimi, imhluphe u-Ashuri, imhluphe u-Ebere, naye aye ekubhujisweni.

[25]UBileyamu wayesesuka, wahamba, wabuyela endaweni yakhe; uBalaki wahamba ngeyakhe indlela.

## UNumeri 25

### Isono sabakwa-Israyeli namadodakazi akwaMowabi

[1]U-Israyeli wahlala eShithimi; abantu baqala ukuphinga namadodakazi akwaMowabi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2ngokuba babiza abantu ukuba beze emihlatshelweni yawonkulunkulu babo; abantu badla, bakhothamela onkulunkulu babo.

3 U-Israyeli wazihlanganisa noBali Peyori. Intukuthelo kaJehova yayisimvuthela u-Israyeli.

4UJehova wathi kuMose: Thabatha zonke izinhloko zabantu, uziphanyekele uJehova elangeni, ukuze intukuthelo evuthayo kaJehova ibuye ku-Israyeli.

5 UMose wathi kubo abahluleli bakwa-Israyeli: Bulalani, kube yilowo nalowo abantu bakhe abazihlanganisile noBali Peyori.

6Bheka, umuntu wabantwana bakwa-Israyeli wafika eletha kubafowabo owesifazane wakwaMidiyani emehlweni kaMose nasemehlweni enhlangano yonke yabantwana bakwa-Israyeli, besakhala ngasemnyango wetende lokuhlangana.

7 Esekubona uFinehasi ka-Eleyazare ka-Aroni umpristi wavuka ephakathi kwenhlangano, wathatha umkhonto ngesandla sakhe,

8wamlandela umuntu wakwa-Israyeli, wangena etendeni, wabagwaza bobabili, indoda yakwa-Israyeli nowesifazane esiswini sakhe. Sanqamuka-ke kanjalo isifo kubantwana bakwa-Israyeli.

9 Abafayo ngaleso sifo babe yizinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

10UJehova wayesekhuluma kuMose, wathi:

11 UFinehasi ka-Eleyazare ka-Aroni umpristi ukhalimile intukuthelo yami kubantwana bakwa-Israyeli, ngokuba wayehawuka ngomhawu wami phakathi kwabo, ukuze ngingaqothuli abantwana bakwa-Israyeli ngomhawu wami.

12Ngalokho yisho ukuthi: Bheka, ngiyamnika isivumelwano sami sokuthula;

13siyakuba kuye nakuyo inzalo yakhe emva kwakhe isivumelwano sobupristi obuphakade, ngokuba wayenomhawu ngoNkulunkulu wakhe, wabenzela abantwana bakwa-Israyeli ukubuyisana.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Igama lendoda yakwa-Israyeli eyabulawa, eyabulawa kanye nowesifazane wakwaMidiyani, lalinguZimri indodana kaSalu, isikhulu sendlu kayise phakathi kwabakwaSimeyoni.

15 Igama lowesifazane wakwaMidiyani owabulawa lalinguKozibi indodakazi kaSuri owayeyinhloko yabantu bendlu kayise kwaMidiyani.

16UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

17 Khathaza abakwaMidiyani, ubashaye,

18ngokuba bayanikhathaza nina ngamacebo abanikhohlise ngawo endabeni kaPeyori nangendaba kaKozibi indodakazi yesikhulu sakwaMidiyani, udadewabo, owabulawa ngosuku lwesifo ngendaba kaPeyori.

## UNumeri 26

### Ukubalwa okusha kwezizwe zakwa-Israyeli

1Kwathi emva kwaleso sifo uJehova wakhuluma kuMose naku-Eleyazare indodana ka-Aroni umpristi, wathi:

2 Balani umumo wenhlangano yonke yabantwana bakwa-Israyeli kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, ngezindlu zawoyise, bonke abakwa-Israyeli abangaphuma impi.

3OMose no-Eleyazare umpristi bakhuluma nabo emathafeni akwaMowabi ngaseJordani ngaseJeriko, bathi:

4 Yebo, bona abaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, njengalokho uJehova eyalile uMose nabantwana bakwa-Israyeli abaphuma ezweni laseGibithe.

5URubeni, izibulo lika-Israyeli: amadodana kaRubeni: kwaHanoki: ngumndeni wakwaHanoki; kwaPhalu: ngumndeni wakwaPhalu;

6kwaHesironi: ngumndeni wakwaHesironi; kwaKarmi: ngumndeni wakwaKarmi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Yileyo eyimindeni yabakwaRubeni; ababalwayo kuyo babe yizinkulungwane
ezingamashumi amane nantathu namakhulu ayisikhombisa namashumi
amathathu.

8Amadodana kaPhalu: ngu-Eliyabe.

9 Amadodana ka-Eliyabe: ngoNemuweli, noDathani, no-Abiramu. Laba
bangoDathani no-Abiramu labo ababizwa yinhlangano ukuba balwe noMose
no-Aroni bekulo iviyo likaKora, lilwa noJehova;

10umhlaba wavula umlomo wawo, wabagwinya kanye noKora ekufeni
kwalelo viyo, lapho umlilo waqeda amadoda angamakhulu amabili
namashumi ayisihlanu, aba yisixwayiso.

11Kepha amadodana kaKora awafanga.

12Amadodana kaSimeyoni ngemindeni yawo: kwaNemuweli: ngumndeni
wakwaNemuweli; kwaJamini: ngumndeni wakwaJamini; kwaJakini:
ngumndeni wakwaJakini;

13kwaZera: ngumndeni wakwaZera; kwaShawule: ngumndeni
wakwaShawule.

14Yileyo eyimindeni yabakwaSimeyoni, izinkulungwane ezingamashumi
amabili nambili namakhulu amabili.

15Amadodana kaGadi ngemindeni yawo: kwaSefoni: ngumndeni
wakwaSefoni; kwaHagi: ngumndeni wakwaHagi; kwaShuni: ngumndeni
wakwaShuni;

16kwa-Ozini: ngumndeni wakwa-Ozini; kwa-Eri: ngumndeni wakwa-Eri;

17kwa-Arodi: ngumndeni wakwa-Arodi; kwa-Areli: ngumndeni wakwa-Areli.

18Yileyo eyimindeni yamadodana kaGadi ngokwababalwayo kubo,
izinkulungwane ezingamashumi amane namakhulu ayisihlanu.

19 Amadodana kaJuda: ngo-Eri no-Onani; o-Eri no-Onani bafela ezweni
laseKhanani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Amadodana kaJuda ngemindeni yawo: kwaShela: ngumndeni wakwaShela; kwaPheresi: ngumndeni wakwaPheresi; kwaZera: ngumndeni wakwaZera.

[21]Amadodana kaPheresi: kwaHesironi: ngumndeni wakwaHesironi; kwaHamule: ngumndeni wakwaHamule.

[22]Yileyo eyimindeni kaJuda ngokwababalwayo kubo, izinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa nesithupha namakhulu ayisihlanu.

[23]Amadodana ka-Isakare ngemindeni yawo: kwaThola: ngumndeni wakwaThola; kwaPhuva ngumndeni wakwaPhuva;

[24]kwaJashubi: ngumndeni wakwaJashubi; kwaShimroni: ngumndeni wakwaShimroni.

[25]Yileyo eyimindeni ka-Isakare ngokwababalwayo kubo, izinkulungwane ezingamashumi ayisithupha nane namakhulu amathathu.

[26]Amadodana kaZebuloni ngemindeni yawo: kwaSeredi: ngumndeni wakwaSeredi; kwa-Eloni: ngumndeni wakwa-Eloni; kwaJaleli: ngumndeni wakwaJaleli.

[27]Yileyo eyimindeni yabakwaZebuloni ngokwababalwayo kubo, izinkulungwane ezingamashumi ayisithupha namakhulu ayisihlanu.

[28]Amadodana kaJosefa ngemindeni yawo: ngoManase no-Efrayimi.

[29] Amadodana kaManase: kwaMakiri: ngumndeni wakwaMakiri; uMakiri wazala uGileyadi; kwaGileyadi: ngumndeni wakwaGileyadi.

[30]Lawa angamadodana kaGileyadi: kwa-Iyezeri: ngumndeni wakwa-Iyezeri; kwaHeleki: ngumndeni wakwaHeleki;

[31]kwa-Asiriyeli: ngumndeni wakwa-Asiriyeli; kwaShekemi: ngumndeni wakwaShekemi;

[32]kwaShemida: ngumndeni wakwaShemida; kwaHeferi: ngumndeni wakwaHeferi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33 USelofehadi indodana kaHeferi wayengenamadodana enamadodakazi odwa; amagama amadodakazi kaSelofehadi ayengoMahela, noHogila, noMilka, noTirisa.

34Yileyo eyimindeni kaManase; ababalwayo kubo babeyizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nambili namakhulu ayisikhombisa.

35Lawa angamadodana ka-Efrayimi ngemindeni yawo: kwaShuthela: ngumndeni wakwaShuthela; kwaBekeri: ngumndeni wakwaBekeri; kwaThahani: ngumndeni wakwaThahani.

36Lawa angamadodana kaShuthela: kwa-Eranu: ngumndeni wakwa-Eranu.

37Yileyo eyimindeni yamadodana ka-Efrayimi ngokwababalwayo kubo, izinkulungwane ezingamashumi amathathu nambili namakhulu ayisihlanu. Lawo angamadodana kaJosefa ngemindeni yawo.

38Amadodana kaBenjamini ngemindeni yawo: kwaBela: ngumndeni wakwaBela; kwa-Ashibeli: ngumndeni wakwa-Ashibeli; kwa-Ahiramu: ngumndeni wakwa-Ahiramu;

39kwaShefufamu: ngumndeni wakwaShufamu; kwaHufamu: ngumndeni wakwaHufamu.

40Amadodana kaBela ayengo-Arida noNahamani; kwa-Arida: ngumndeni wakwa-Arida; kwaNahamani: ngumndeni wakwaNahamani.

41Yilawo angamadodana kaBenjamini ngemindeni yawo; ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nanhlanu namakhulu ayisithupha.

42Lawa angamadodana kaDani ngemindeni yawo: kwaShuhamu: ngumndeni wakwaShuhamu. Yileyo eyimindeni kaDani ngemindeni yayo.

43Yonke imindeni yabakwaShuhamu ngokwababalwayo kubo yayiyizinkulungwane ezingamashumi ayisithupha nane namakhulu amane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

44Amadodana ka-Asheri ngemindeni yawo: kwaJimna: ngumndeni wakwaJimna; kwaJishiwi: ngumndeni wakwaJishiwi; kwaBeriya: ngumndeni wakwaBeriya.

45Kumadodana kaBeriya: kwaHebere: ngumndeni wakwaHebere; kwaMalikiyeli: ngumndeni wakwaMalikiyeli.

46Igama lendodakazi ka-Asheri lalinguSera.

47Yileyo eyimindeni yamadodana ka-Asheri ngokwababalwayo kubo, izinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu nantathu namakhulu amane.

48Amadodana kaNafetali ngemindeni yawo: kwaJaseli: ngumndeni wakwaJaseli; kwaGuni: ngumndeni wakwaGuni;

49kwaJeseri: ngumndeni wakwaJeseri; kwaShilemi: ngumndeni wakwaShilemi.

50Yileyo eyimindeni kaNafetali ngemindeni yayo; ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amane nanhlanu namakhulu amane.

51 Yilabo ababalwayo babantwana bakwa-Israyeli, izinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha nanye namakhulu ayisikhombisa namashumi amathathu.

52UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

53 Izwe liyakwahlukaniselwa bona labo, libe yifa labo njengokomumo wamagama.

54 Abaningi uyakubanika ifa elikhulu, abayingcosana uyakubanika ifa elincane, yilowo nalowo anikwe ifa ngokwababalwayo kuye.

55Izwe liyakwahlukaniswa nokho ngenkatho; bayakulidla ifa ngokwamagama ezizwe zawoyise.

56Ngokwenkatho izwe liyakwahlukaniswa phakathi kwabaningi nabayingcosana.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

57 Nampa ababalwayo babaLevi ngemindeni yawo: kwaGereshoni: ngumndeni wakwaGereshoni; kwaKohati: ngumndeni wakwaKohati; kwaMerari: ngumndeni wakwaMerari.

58 Nansi imindeni yamaLevi: ngumndeni wakwaLibini, nomndeni wakwaHebroni, nomndeni wakwaMaheli, nomndeni wakwaMushi, nomndeni wakwaKora. UKohati wazala u-Amramu.

59 Igama lomka-Amramu lalinguJokebedi indodakazi kaLevi, owazalelwa uLevi eGibithe; wazalela u-Amramu o-Aroni noMose noMiriyamu udadewabo.

60 U-Aroni wazala oNadabi, no-Abihu, no-Eleyazare, no-Itamari.

61 ONadabi no-Abihu bafa, lapho benikela ngomlilo ongafanele phambi kukaJehova.

62 Ababalwayo kubo babe yizinkulungwane ezingamashumi amabili nantathu, bonke abesilisa kusukela kwabanenyanga kuya phezulu; ngokuba ababalwanga phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, lokhu abanikwanga ifa phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

63 Yilabo ababalwa nguMose nangu-Eleyazare umpristi ababala abantwana bakwa-Israyeli emathafeni akwaMowabi ngaseJordani ngaseJeriko.

64 Kepha phakathi kwalabo kwakungekho muntu wababebaliwe nguMose nangu-Aroni umpristi, ababala abantwana bakwa-Israyeli ehlane laseSinayi.

65 Ngokuba uJehova wayeshilo ngabo wathi: Bayakufa nokufa ehlane. Akusalanga muntu kubo ngaphandle kukaKalebi indodana kaJefune noJoshuwa indodana kaNuni.

## UNumeri 27

### Amadodakazi kaSelofehadi

1 Kwase kusondela amadodakazi kaSelofehadi kaHeferi kaGileyadi kaMakiri kaManase, awemindeni kaManase indodana kaJosefa; lawa angamagama amadodakazi akhe: oMahela, noNowa, noHogila, noMilka, noTirisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[2]Ema phambi kukaMose naphambi kuka-Eleyazare umpristi, naphambi kwezikhulu, naphambi kwayo yonke inhlangano ngasemnyango wetende lokuhlangana, athi:

[3] Ubaba wafela ehlane; wayengekho phakathi kweviyo labahlanganyela uJehova kulo iviyo likaKora; kepha wafa ngesakhe isono engenamadodana.

[4]Igama likababa liyakusulelwani emndenini wakhe, lokhu engenandodana na? Siphe ifa phakathi kwabafowabo bakababa.

[5]UMose wayiletha indaba yawo phambi kukaJehova.

[6]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[7] Amadodakazi kaSelofehadi akhulume kahle; uyakuwanika nokuwanika izwe eliyifa phakathi kwabafowabo bakayise ngokulidlulisela kuwo ifa likayise.

[8] Wokhuluma kubantwana bakwa-Israyeli ngokuthi: Uma umuntu efa engenandodana, wolidlulisela ifa lakhe kuyo indodakazi yakhe.

[9]Uma engenandodakazi, niyakunika abafowabo ifa lakhe.

[10]Uma engenabafowabo, niyakunika abafowabo bakayise ifa lakhe.

[11]Uma uyise engenabafowabo, niyakunika isihlobo sakhe esiseduze naye emndenini wabo ifa lakhe, alidle. Lokhu kuyakuba yisimiso sesahlulelo kubantwana bakwa-Israyeli, njengalokho uJehova emyalile uMose.

### Ukumiswa kukaJoshuwa abe ngumholi

[12] UJehova wathi kuMose: Khuphukela entabeni yase-Abarimi, ubheke izwe engibanikile lona abantwana bakwa-Israyeli.

[13] Lapho ulibonile, nawe uyakubuthelwa kubantu bakini, njengalokho wabuthwa u-Aroni,

[14]ngokuba ehlane laseSini ekulweni kwenhlangano nahlubuka ezwini lami lokungingcwelisa ngasemanzini phambi kwamehlo abo. Lawa angamanzi aseMeriba laseKadeshi ehlane laseSini.

[15]UMose wayesekhuluma kuJehova, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 UJehova uNkulunkulu wemimoya yenyama yonke makamise umuntu phezu kwenhlangano,

17ongaphuma phambi kwabo, angene phambi kwabo, abakhiphe, abangenise, ukuze inhlangano kaJehova ingabi njengezimvu ezingenamalusi.

18UJehova wathi kuMose: Zithabathele uJoshuwa indodana kaNuni, umuntu onomoya, ubeke isandla sakho phezu kwakhe,

19ummise ngaphambi kuka-Eleyazare umpristi naphambi kwayo yonke inhlangano, umnike isikhundla emehlweni abo.

20Uyakubeka udumo lwakho phezu kwakhe ukuba yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli ilalele.

21Uyakuma phambi kuka-Eleyazare umpristi oyakumbuzela ngokunquma kwe-Urimi phambi kukaJehova; ngezwi lakhe bayakuphuma nangezwi lakhe bayakungena, yena nabo bonke abantwana bakwa-Israyeli kanye naye, yebo, yonke inhlangano.

22UMose wenza-ke njengalokho uJehova emyalile; wamthatha uJoshuwa, wambeka phambi kuka-Eleyazare umpristi naphambi kwenhlangano yonke,

23wabeka izandla zakhe phezu kwakhe, wamnika isikhundla, njengalokho uJehova ekhulumile ngesandla sikaMose.

## UNumeri 28

### Imithetho yeminikelo yemihla yonke

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Yala abantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Umnikelo wami, isinkwa sami seminikelo yami yomlilo yephunga elimnandi kimi, niyakuqaphela ukunikela ngawo kimi ngesikhathi sawo.

3 Wothi kubo: Lo ungumnikelo womlilo eniyakunikela ngawo kuJehova: izimvu zamaduna ezinomnyaka munye ezingenasici, zibe zimbili njalo ngosuku, zibe ngumnikelo oshiswa imihla yonke.

4Enye imvu uyakunikela ngayo ekuseni, enye imvu unikele ngayo kusihlwa,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5kanye nokweshumi kwe-efa lempuphu ecolekileyo ibe ngumnikelo wempuphu, exovwe nokwesine kwehini lamafutha agxotshelweyo.

6Kungumnikelo oshiswa imihla yonke, owamiswa entabeni yaseSinayi ube yiphunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.

7Umnikelo wawo wokuphuzwa uyakuba ngokwesine kwehini ngemvu inye; endaweni engcwele uyakuthululela uJehova umnikelo wokuphuzwa wophuzo olunamandla.

8Enye imvu uyakunikela ngayo kusihlwa, unikele ngayo ibe njengomnikelo wempuphu wasekuseni nomnikelo wawo wokuphuzwa, umnikelo womlilo wephunga elimnandi kuJehova.

**Imithetho yomnikelo wesabatha neyezinyanga ezethwasayo**

9 Ngosuku lwesabatha izimvu zamaduna ezimbili ezinomnyaka munye ezingenasici, nokweshumi okubili kwempuphu ecolekileyo kube ngumnikelo wempuphu exovwe namafutha kanye nomnikelo wawo wokuphuzwa:

10lokhu kungumnikelo oshiswa amasabatha onke ngaphandle komnikelo oshiswa imihla yonke nomnikelo wawo wokuphuzwa.

11 Ekwethwaseni kwenyanga niyakunikela ngomnikelo wokushiswa kuJehova: amaduna amabili, nenqama ibe nye, nezimvu zamaduna eziyisikhombisa ezinomnyaka munye ezingenasici,

12kanye nokweshumi okuthathu kwempuphu ecolekileyo ibe ngumnikelo wempuphu exovwe namafutha ngaleyo naleyo nkunzi, kanye nokweshumi okubili kwempuphu ecolekileyo kube ngumnikelo wempuphu exovwe namafutha ngenqama inye,

13nokweshumi kwempuphu ecolekileyo exovwe namafutha kube ngumnikelo wempuphu ngaleyo naleyo mvu, umnikelo wokushiswa wephunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.

14Umnikelo wabo wokuphuzwa uyakuba yinxenye yehini lewayini ngenkunzi, nokwesithathu kwehini ngenqama, nokwesine kwehini ngemvu; lokhu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kungumnikelo wokushiswa wezinyanga zonke kuzo zonke izinyanga zomnyaka.

15Nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono kuJehova; kuyakunikelwa ngayo kanye nomnikelo oshiswa imihla yonke nomnikelo wawo wokuphuzwa.

**Imithetho yemikhosi emikhulu**

16 Ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nane lwenyanga kuyiphasika likaJehova.

17Ngosuku lweshumi nanhlanu lwaleyo nyanga kuyakuba ngumkhosi, kudliwe isinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa.

18Ngosuku lokuqala kuyakuba khona umhlangano ongcwele; ningasebenzi msebenzi,

19kepha ninikele ngomnikelo womlilo, umnikelo wokushiswa kuJehova, amaduna amabili, nenqama ibe nye, nezimvu zamaduna eziyisikhombisa ezinomnyaka munye, zibe ngezingenasici kini,

20kanye nomnikelo wazo wempuphu, impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, ninikele ngokweshumi okuthathu ngenkunzi nangokweshumi okubili ngenqama,

21unikele ngokweshumi ngaleyo naleyo mvu yezimvana eziyisikhombisa,

22nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono, ukunenzela ukubuyisana;

23ninikele ngalokho kanye nomnikelo oshiswa ekuseni, ongumnikelo oshiswa imihla yonke.

24Niyakunikela kanjalo imihla yonke kube yizinsuku eziyisikhombisa, isinkwa somnikelo womlilo wephunga elimnandi kuJehova; kuyakunikelwa ngakho kanye nomnikelo oshiswa imihla yonke nomnikelo wawo wokuphuzwa.

25Ngosuku lwesikhombisa niyakuba nomhlangano ongcwele; ningasebenzi msebenzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26 Ngosuku lolibo, lapho ninikela ngomnikelo omusha wempuphu kuJehova emkhosini wenu wamasonto, niyakuba nomhlangano ongcwele; ningasebenzi msebenzi,

27kepha ninikele ngomnikelo wokushiswa wephunga elimnandi: amaduna amabili, nenqama ibe nye, nezimvu zamaduna eziyisikhombisa ezinomnyaka munye,

28kanye nomnikelo wazo wempuphu, impuphu exovwe namafutha, okweshumi okuthathu ngaleyo naleyo nkunzi, nokweshumi okubili ngenqama inye,

29nokweshumi ngaleyo naleyo mvu yezimvana eziyisikhombisa,

30nempongo ibe nye ukunenzela ukubuyisana.

31Niyakunikela ngazo ngaphandle komnikelo oshiswa imihla yonke nomnikelo wawo wempuphu, zibe ngezingenasici kini, kanye neminikelo yazo yokuphuzwa.

## UNumeri 29

### Imithetho yeminikelo

1 Ngenyanga yesikhombisa ngolokuqala lwenyanga niyakuba nomhlangano ongcwele; ningasebenzi msebenzi; kulusuku lokubetha amacilongo kini.

2Niyakunikela ngomnikelo wokushiswa ube yiphunga elimnandi kuJehova: iduna, nenqama, nezimvu zamaduna eziyisikhombisa ezinomnyaka munye ezingenasici,

3kanye nomnikelo wazo wempuphu, impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, okweshumi okuthathu ngenkunzi, nokweshumi okubili ngenqama,

4nokweshumi ngaleyo naleyo mvu yezimvana eziyisikhombisa,

5nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono, ukunenzela ukubuyisana,

6 ngaphandle komnikelo wokushiswa wenyanga eyethwasayo nomnikelo wawo wempuphu, nomnikelo oshiswa imihla yonke nomnikelo wawo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

wempuphu, neminikelo yayo yokuphuzwa ngokwesimiso sayo, kube yiphunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.

7 Ngolweshumi lwaleyo nyanga yesikhombisa niyakuba nomhlangano ongcwele, nithobise imiphefumulo yenu; ningasebenzi msebenzi,

8kepha ninikele ngomnikelo wokushiswa kuJehova ube yiphunga elimnandi: iduna, nenqama, nezimvu zamaduna eziyisikhombisa ezinomnyaka munye, zibe ngezingenasici kini,

9kanye nomnikelo wazo wempuphu, impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, okweshumi okuthathu ngenkunzi, nokweshumi okubili ngenqama,

10nokweshumi ngaleyo naleyo mvu yezimvana eziyisikhombisa,

11nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono, ngaphandle komnikelo wesono wokubuyisana, nomnikelo oshiswa imihla yonke nomnikelo wawo wempuphu, neminikelo yayo yokuphuzwa.

12 Ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga yesikhombisa niyakuba nomhlangano ongcwele; ningasebenzi msebenzi, nimgcinele uJehova umkhosi izinsuku eziyisikhombisa,

13ninikele ngomnikelo wokushiswa, umnikelo womlilo wephunga elimnandi kuJehova: amaduna ayishumi nantathu, nezinqama ezimbili, nezimvu zamaduna eziyishumi nane ezinomnyaka munye, zibe ngezingenasici,

14kanye nomnikelo wazo wempuphu, impuphu ecolekileyo exovwe namafutha, okweshumi okuthathu ngaleyo naleyo nkunzi yezinkunzi eziyishumi nantathu, nokweshumi okubili ngaleyo naleyo nqama yezinqama ezimbili,

15nokweshumi ngaleyo naleyo mvu yezimvana eziyishumi nane,

16nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono, ngaphandle komnikelo oshiswa imihla yonke nomnikelo wawo wempuphu nomnikelo wawo wokuphuzwa.

17 Ngosuku lwesibili: amaduna ayishumi nambili, nezinqama ezimbili, nezimvu zamaduna eziyishumi nane ezinomnyaka munye ezingenasici,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[18]kanye nomnikelo wazo wempuphu, neminikelo yazo yokuphuzwa
ngezinkunzi nangezinqama nangezimvu, njengokomumo wazo ngokwesimiso,

[19]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono, ngaphandle komnikelo oshiswa
imihla yonke nomnikelo wawo wempuphu neminikelo yayo yokuphuzwa.

[20] Ngosuku lwesithathu: izinkunzi eziyishumi nanye, nezinqama ezimbili,
nezimvu zamaduna eziyishumi nane ezinomnyaka munye ezingenasici,

[21]kanye nomnikelo wazo wempuphu, neminikelo yazo yokuphuzwa
ngezinkunzi nangezinqama nangezimvu, njengokomumo wazo ngokwesimiso,

[22]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono, ngaphandle komnikelo oshiswa
imihla yonke nomnikelo wawo wempuphu nomnikelo wawo wokuphuzwa.

[23] Ngosuku lwesine: izinkunzi eziyishumi, nezinqama ezimbili, nezimvu
zamaduna eziyishumi nane ezinomnyaka munye ezingenasici,

[24]kanye nomnikelo wazo wempuphu, neminikelo yazo yokuphuzwa
ngezinkunzi nangezinqama nangezimvu, njengokomumo wazo ngokwesimiso,

[25]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono, ngaphandle komnikelo oshiswa
imihla yonke nomnikelo wawo wempuphu nomnikelo wawo wokuphuzwa.

[26] Ngosuku lwesihlanu: izinkunzi eziyisishiyagalolunye, nezinqama ezimbili,
nezimvu zamaduna eziyishumi nane ezinomnyaka munye ezingenasici,

[27]kanye nomnikelo wazo wempuphu, neminikelo yazo yokuphuzwa
ngezinkunzi nangezinqama nangezimvu, njengokomumo wazo ngokwesimiso,

[28]nempongo ibe nye ibe ngumnikelo wesono, ngaphandle komnikelo oshiswa
imihla yonke nomnikelo wawo wempuphu nomnikelo wawo wokuphuzwa.

[29] Ngosuku lwesithupha: izinkunzi eziyisishiyagalombili, nezinqama ezimbili,
nezimvu zamaduna eziyishumi nane ezinomnyaka munye ezingenasici,

[30]kanye nomnikelo wazo wempuphu, neminikelo yazo yokuphuzwa
ngezinkunzi nangezinqama nangezimvu, njengokomumo wazo ngokwesimiso,

[31]nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono, ngaphandle komnikelo oshiswa
imihla yonke nomnikelo wawo wempuphu neminikelo yawo yokuphuzwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

32 Ngosuku lwesikhombisa: izinkunzi eziyisikhombisa, nezinqama ezimbili, nezimvu zamaduna eziyishumi nane ezinomnyaka munye ezingenasici,

33kanye nomnikelo wazo wempuphu, neminikelo yazo yokuphuzwa ngezinkunzi nangezinqama nangezimvu, njengokomumo wazo ngokwesimiso,

34nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono, ngaphandle komnikelo oshiswa imihla yonke nomnikelo wawo wempuphu nomnikelo wawo wokuphuzwa.

35 Ngosuku lwesishiyagalombili niyakuba nomhlangano ozothileyo; ningasebenzi msebenzi,

36kepha ninikele ngomnikelo wokushiswa, umnikelo womlilo wephunga elimnandi kuJehova: inkunzi ibe nye, nenqama ibe nye, nezimvu zamaduna eziyisikhombisa ezinomnyaka munye ezingenasici,

37kanye nomnikelo wazo wempuphu neminikelo yazo yokuphuzwa ngenkunzi nangenqama nangezimvu, njengokomumo wazo ngokwesimiso,

38nempongo ibe nye, ibe ngumnikelo wesono, ngaphandle komnikelo oshiswa imihla yonke nomnikelo wawo wempuphu nomnikelo wawo wokuphuzwa.

39 Lokho niyakunikela ngakho kuJehova ngemikhosi yenu emisiweyo, ngaphandle kwezithembiso zenu neminikelo yenu yesihle, kube yiminikelo yenu yokushiswa, neminikelo yenu yempuphu, neminikelo yenu yokuphuzwa, neminikelo yenu yokuthula.

40UMose wabatshela abantwana bakwa-Israyeli njengakho konke uJehova amyale ngakho uMose.

## UNumeri 30

### Imithetho yezithembiso

1UMose wayesekhuluma kuzo izinhloko zezizwe zabantwana bakwa-Israyeli, ethi: Yilokhu uJehova ayale ngakho ukuthi:

2 Nxa umuntu enza isithembiso kuJehova, noma efunga isifungo ukubopha umphefumulo wakhe ngesibopho esithile, akayikwaphula izwi lakhe; uyakwenza njengakho konke okuphuma emlonyeni wakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Uma owesifazane enza isithembiso kuJehova, azibophe ngesibopho esithile
esendlini kayise, esemusha,

4 uyise esizwa isithembiso sakhe nesibopho sakhe abophe ngaso umphefumulo
wakhe, engasho lutho kuye, izithembiso zakhe zonke ziyakuma, nazo zonke
izibopho abophe ngazo umphefumulo wakhe ziyakuma;

5 kepha uma uyise emalela ngosuku akuzwa ngalo, akuyikuma nesisodwa
sezithembiso zakhe nesezibopho zakhe abophe ngazo umphefumulo wakhe;
uJehova uyakumthethelela, ngokuba uyise umalele.

6 Uma engowendoda, izithembiso zakhe zisephezu kwakhe noma
okuphahlukiwe ngumlomo wakhe abophe ngakho umphefumulo wakhe,

7 indoda yakhe bese ikuzwa, ingasho lutho kuye ngosuku ekuzwa ngalo,
izithembiso zakhe ziyakuma, nezibopho zakhe abophe ngazo umphefumulo
wakhe ziyakuma;

8 kepha uma indoda yakhe imalela ngosuku ekuzwa ngalo, iyakwenza ize
isithembiso sakhe esiphezu kwakhe nokuphahlukiwe ngumlomo wakhe
abophe ngakho umphefumulo wakhe, uJehova amthethelele.

9 Kepha isithembiso somfelokazi noma esolahliweyo, konke abophe ngakho
umphefumulo wakhe kuyakuma kuye.

10 Uma enzile isithembiso endlini yendoda yakhe, noma ebophe ngesibopho
umphefumulo wakhe ngesifungo,

11 indoda yakhe bese ikuzwa, ingasho lutho kuye, ingamalelanga, zonke
izithembiso zakhe ziyakuma, nazo zonke izibopho abophe ngazo
umphefumulo wakhe ziyakuma;

12 kepha uma indoda yakhe izenza ize ngosuku ezizwa ngalo, konke
okuphuma emlonyeni wakhe mayelana nezithembiso zakhe namayelana
nesibopho somphefumulo wakhe akuyikuma; indoda yakhe ikwenzile ize;
uJehova uyakumthethelela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Zonke izithembiso nazo zonke izifungo ezibophayo zokuthobisa umphefumulo, indoda yakhe ingaziqinisa, noma indoda yakhe izenze ize.

14Kepha uma indoda yakhe ithula nokuthula kuye izinsuku ngezinsuku, iyaqinisa zonke izithembiso zakhe nazo zonke izibopho zakhe eziphezu kwakhe; iziqinisile, ngokuba ithulile kuye ngosuku eyazizwa ngalo;

15kepha uma izenza ize lapho isizizwile, iyakuthwala ububi bakhe.

16Yilezo izimiso uJehova ayala ngazo uMose phakathi kwendoda nomkayo, naphakathi kukayise nendodakazi yakhe isentsha endlini kayise.

## UNumeri 31

### Impindiselo kwabakwaMidiyani

1UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

2 Baphindisele abantwana bakwa-Israyeli kwabakwaMidiyani, andukuba ubuthelwe kubantu bakini.

3UMose wayesekhuluma kubantu, wathi: Hlomiselani impi amadoda phakathi kwenu ukuba ahlasele abakwaMidiyani, aphindisele uJehova kwabakwaMidiyani;

4kuleso naleso sizwe njalo anoyithuma empini inkulungwane ezizweni zonke zakwa-Israyeli.

5Kwase kunikelwa ezinkulungwaneni zakwa-Israyeli inkulungwane kuleso naleso sizwe, izinkulungwane eziyishumi nambili, zihlonyiselwe impi.

6 UMose wabathuma empini, kwaba yinkulungwane kuleso naleso sizwe, bona noFinehasi indodana ka-Eleyazare umpristi, baye naye empini ephethe impahla yendlu engcwele namacilongo okuhlaba umkhosi esandleni sakhe.

7Balwa noMidiyani, njengalokho uJehova emyalile uMose, babulala abesilisa bonke.

8 Babulala amakhosi akwaMidiyani kanye nabanye ababulawayo: o-Evi, noRekemi, noSuri, noHure, noReba, amakhosi ayisihlanu akwaMidiyani; noBileyamu indodana kaBeyori bambulala ngemkemba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Abantwana bakwa-Israyeli bathumba abesifazane bakwaMidiyani nabancane
babo; nazo zonke izinkomo zabo, nazo zonke izimvu zabo, nayo yonke
impahla yabo bakuthatha kwaba yimpango yabo.

10Yonke imizi yabo yasezindaweni, lapho bebehlala khona, nawo onke
amakamu abo bakushisa ngomlilo.

11Bathatha yonke impango nayo yonke impahla edliweyo, abantu nezilwane.

12Baletha abathunjwa, nempango, nempahla edliweyo kuMose naku-
Eleyazare umpristi, nakuyo inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli ekamu
emathafeni akwaMowabi angaseJordani ngaseJeriko.

13OMose, no-Eleyazare umpristi, nazo zonke izikhulu zenhlangano baphuma
ukubahlangabeza ngaphandle kwekamu.

14UMose wazithukuthelela iziphathimandla zebandla, izinduna
zezinkulungwane nezinduna zamakhulu ezazibuya empini.

15UMose wathi kuzo: Nisindisile bonke abesifazane na?

16 Bhekani, laba benza ukuba abantwana bakwa-Israyeli ngesiluleko
sikaBileyamu baphambeke kuJehova ngendaba yasePeyori, kwaba khona isifo
phakathi kwenhlangano kaJehova.

17Ngalokho bulalani manje bonke abesilisa phakathi kwabantwana, nibulale
nabo bonke abesifazane abayazi indoda ngokulala nayo.

18Kepha onke amantombazana angazanga ndoda ngokulala nayo,
nizisindisele wona.

19 Misani ngaphandle kwekamu izinsuku eziyisikhombisa; yilowo nalowo
obulele umuntu, nalowo othintile obuleweyo, makaziphothule ngosuku
lwesithathu nangosuku lwesikhombisa, nina nabathunjwa benu.

20Nazo zonke izingubo, nakho konke okwenziwe ngesikhumba, nayo yonke
imisebenzi yoboya bezimbuzi, nazo zonke izinto ezenziwe ngomuthi,
niyakuziphothula mayelana nakho.

### Ukwahlukaniswa kwempango

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Umpristi u-Eleyazare wathi kumadoda empi ayeyile ekulweni: Lokhu
kuyisimiso somthetho uJehova ayale ngaso uMose:

22kuphela igolide, nesiliva, nethusi, nensimbi, nethini, nomthofu,

23 konke okungahlala emlilweni, niyakukudabulisa emlilweni, kuhlambuluke;
kodwa kuyakuhlanjululwa ngamanzi okuphothula, kepha konke
okungenakuhlala emlilweni niyakukudabulisa emanzini.

24Niyakuhlanza izingubo zenu ngosuku lwesikhombisa, nihlambuluke,
andukuba ningene ekamu.

25UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

26 Balani impango yonke ethathiweyo, abantu nezilwane, wena no-Eleyazare
umpristi, nezinhloko zezindlu zawoyise benhlangano,

27wena wahlukanisele impango kabili phakathi kwamadoda empi aya
ekulweni nenhlangano yonke,

28uthelisele uJehova amadoda empi aya ekulweni, kube kunye emakhulwini
ayisihlanu, awabantu, nawezinkomo, nawezimbongolo, nawezimvu,

29nikuthathe enxenyeni yabo, nikunike u-Eleyazare umpristi, kube
ngumnikelo wokuphakanyiswa kaJehova.

30Enxenyeni yabantwana bakwa-Israyeli wothabatha kube kunye emashumini
ayisihlanu, awabantu, nawezinkomo, nawezimbongolo, nawezimvu, yebo,
awezilwane zonke, ukunike amaLevi agcina inkonzo yetabernakele
likaJehova.

31OMose no-Eleyazare umpristi benza njengalokho uJehova emyalile uMose.

32Impango-ke eyayisele kwethathiwe ngamadoda empi yayiyizimvu
eziyizinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha namashumi ayisikhombisa
nanhlanu,

33nezinkomo eziyizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa nambili,

34nezimbongolo eziyizinkulungwane ezingamashumi ayisithupha nanye,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

35nabantu, abesifazane abangazangandoda ngokulala nayo,
abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu nambili, bebonke.

36Nenxenye eyayiyisabelo sabaphuma impi umumo wayo wawuyizimvu
eziyizinkulungwane ezingamakhulu amathathu namashumi amathathu
nesikhombisa namakhulu ayisihlanu,

37nentela kaJehova yezimvu yayingamakhulu ayisithupha namashumi
ayisikhombisa nanhlanu.

38Izinkomo zaziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu nesithupha,
intela kaJehova kuzo ingamashumi ayisikhombisa nambili.

39Izimbongolo zaziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu namakhulu
ayisihlanu, intela kaJehova kuzo ingamashumi ayisithupha nanye.

40Abantu babe yizinkulungwane eziyishumi nesithupha, intela kaJehova kubo
ingamashumi amathathu nambili.

41UMose wamnika u-Eleyazare umpristi intela eyayingumnikelo
wokuphakanyiswa kaJehova, njengalokho uJehova emyalile uMose.

42Enxenyeni yabantwana bakwa-Israyeli uMose ayahlukanisa neyamadoda
ayelwile

43inxenye yenhlangano yayiyizimvu eziyizinkulungwane ezingamakhulu
amathathu namashumi amathathu nesikhombisa namakhulu ayisihlanu,

44nezinkomo eziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu nesithupha,

45nezimbongolo eziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu namakhulu
ayisihlanu,

46nabantu abayizinkulungwane eziyishumi nesithupha

47yebo, kule nxenye yabantwana bakwa-Israyeli uMose wathatha kube kunye
emashumini ayisihlanu, awabantu nawezilwane, wakunika amaLevi agcina
inkonzo yetabernakele likaJehova, njengalokho uJehova emyalile uMose.

48Iziphathimandla ezaziphezu kwezinkulungwane zebandla, izinduna
zezinkulungwane nezinduna zamakhulu, zasondela kuMose, zathi kuMose:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

49 Izinceku zakho zibale onke amadoda empi asesandleni sethu, akwasala neyodwa yethu.

50Silethile umnikelo kaJehova, kwaba yilowo nalowo lokho akutholileyo, izinto zegolide, nezigqizo, namasongo, nezindandatho, namacici, nemigexo ukuyenzela imiphefumulo yethu ukubuyisana phambi kukaJehova.

51OMose no-Eleyazare bamukela igolide kubo, namagugu asetshenziweyo.

52Lonke igolide lomnikelo wokuphakanyiswa abanikela ngalo kuJehova, elezinduna zezinkulungwane nelezinduna zamakhulu, lalingamashekeli ayizinkulungwane eziyishumi nesithupha namakhulu ayisikhombisa namashumi ayisihlanu.

53Ngokuba amadoda empi ayezithathele impango, kwaba yileyo naleyo ngokwayo.

54OMose no-Eleyazare umpristi bamukela igolide kuzo izinduna zezinkulungwane nakwezamakhulu, baliletha etendeni lokuhlangana, laba yisikhumbuzo sabantwana bakwa-Israyeli phambi kukaJehova.

## UNumeri 32

### Isizwe sakwaRubeni nesakwaGadi nenxenye yesakwaManase zithola ifa lezwe ngasempumalanga

1Abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi babenemfuyo eningi, nalapho belibona izwe laseJazeri nezwe lakwaGileyadi ukuthi leyo ndawo iyindawo yezinkomo,

2 abantwana bakwaGadi nabantwana bakwaRubeni beza bakhuluma kuMose, naku-Eleyazare umpristi, nakuzo izikhulu zenhlangano, bathi:

3 I-Atharoti, neDiboni, neJazeri, neNimra, neHeshiboni, ne-Elehale, neSebamu, neNebo, neBehoni,

4izwe alinqoba uJehova phambi kwenhlangano ka-Israyeli liyizwe lezinkomo, futhi izinceku zakho zinezinkomo.

5Bathi futhi: Uma sifumene umusa emehlweni akho, leli zwe malinikwe izinceku zakho libe yifa lazo; ungasiwelisi iJordani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society of south africa

6UMose wayesethi kubantwana bakwaGadi nakubantwana bakwaRubeni:
Abafowenu bayakuphuma impi, nina nihlale lapha, na?

7Niqedelani inhliziyo yabantwana bakwa-Israyeli ukuba bangaweli ukuya
ezweni uJehova abanike lona na?

8Benze njalo oyihlo mhla ngibathuma besuka eKadeshi Barineya ukubona
izwe.

9 Ngokuba ekukhuphukeni kwabo ukuya esiGodini sase-Eshikoli balibona
izwe, baqeda inhliziyo yabantwana bakwa-Israyeli ukuba bangangeni ezweni
uJehova abanike lona.

10Intukuthelo kaJehova yavutha ngalolo suku, wafunga wathi:

11 Impela kulaba bantu abaphuma eGibithe, kusukela kwabaneminyaka
engamashumi amabili kuya phezulu, akayikubona noyedwa izwe
engalifungela u-Abrahama, no-Isaka, noJakobe, ngokuba abangilandelanga
ngokuphelelyo,

12ngaphandle kukaKalebi indodana kaJefune, umKhenizi, noJoshuwa
indodana kaNuni, ngokuba bamlandele uJehova ngokupheleleyo.

13Intukuthelo kaJehova yabavuthela abakwa-Israyeli, wabazulisa ehlane
iminyaka engamashumi amane, saze saphela sonke leso sizukulwane
esasenzile okubi emehlweni kaJehova.

14 Bhekani, senivukile nina esikhundleni sawoyihlo, inzalo yabantu abonayo,
ukwandisa futhi intukuthelo kaJehova evuthela u-Israyeli.

15Ngokuba uma nibuyela emuva ekumlandeleni, uyakubuye abashiye ehlane,
nize nibhubhise laba bantu.

16Basondela kuye, bathi: Siyakwakhela lapha izinkomo zethu izibaya
nabancane bethu imizi;

17kepha thina uqobo lwethu siyakushesha sihlome, sihambe phambi
kwabantwana bakwa-Israyeli, size sibafinyelelise endaweni yabo, abancane
bethu bahlale emizini ebiyelweyo ngenxa yabakhileyo ezweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Asiyikubuyela ezindlini zethu, abantwana bakwa-Israyeli bengakalidli ifa labo, kube yilowo nalowo wabo.

19Ngokuba asiyikulidla ifa nabo ngapesheya kweJordani nangaphambili, lokhu silidlile elethu nganeno kweJordani ngasempumalanga.

20UMose wayesethi kubo: Uma nenza lokhu, uma nihloma ukuba nihambe phambi kukaJehova, niphume impi,

21kuwele iJordani onke amadoda enu ahlomileyo phambi kukaJehova, aze axoshe izitha zakhe phambi kwakhe,

22izwe linqotshwe phambi kukaJehova, khona ngasemuva niyakubuya, nibe ngabangenacala kuJehova naku-Israyeli, leli zwe libe yifa lenu phambi kukaJehova.

23 Kepha uma ningenzi njalo, bhekani, nonile kuJehova; yazini ukuthi isono senu siyakunifumana.

24Zakheleni imizi yabancane benu nezibaya zezimvu zenu, nikwenze lokho okuphumileyo emlonyeni wenu.

25Abantwana bakwaGadi nabantwana bakwaRubeni bakhuluma kuMose, bathi: Izinceku zakho ziyakwenza njengalokhu inkosi yami iyala.

26Abancane bethu, nawomkethu, nezimvu zethu, nazo zonke izinkomo zethu kuyakuba lapho emizini yakwaGileyadi,

27kepha izinceku zakho ziyakuwela, kube yilowo nalowo ohlomele ukulwa, phambi kukaJehova, ziphume impi, njengalokhu isho inkosi yami.

28UMose wayeseyala u-Eleyazare umpristi, noJoshuwa indodana kaNuni, nezinhloko zezindlu zawoyise bezizwe zabantwana bakwa-Israyeli ngabo.

29UMose wathi kubo: Uma abantwana bakwaGadi nabantwana bakwaRubeni bewela nani iJordani, bonke abahlomele ukulwa, phambi kukaJehova, izwe linqotshwe phambi kwenu, niyakubanika izwe lakwaGileyadi libe yifa labo;

30kepha uma bengaweli nani behlomile, bayakunikwa ifa phakathi kwenu ezweni laseKhanani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

31Abantwana bakwaGadi nabantwana bakwaRubeni baphendula bathi: Njengalokho uJehova eshilo kuzo izinceku zakho, siyakwenze njalo.

32Siyakuwela, siye ezweni laseKhanani phambi kukaJehova sihlomile, izwe lefa lethu lisale nokho ngaphesheya kweJordani.

33 UMose wayesebanika abantwana bakwaGadi nabantwana bakwaRubeni nenxenye yesizwe sakwaManase indodana kaJosefa umbuso kaSihoni inkosi yama-Amori nombuso ka-Ogi inkosi yaseBashani, izwe nemizi yalo namaphethelo ayo, imizi yezwe nxazonke.

34Abantwana bakwaGadi bakha iDiboni, ne-Athoriti, ne-Aroweri,

35ne-Athiroti Shofanu, neJazeri, neJogibeha,

36neBeti Nimra, neBeti Harana, imizi ebiyelweyo nezibaya zezimvu.

37Abantwana bakwaRubeni babuye bakha iHeshiboni, ne-Elehale, neKiriyatayimi,

38neNebo, neBali Mehoni iphendulwe ngamagama neSibima; banika imizi abayakhayo amanye amagama.

39 Abantwana bakwaMakiri indodana kaManase baya kwaGileyadi, balithatha, baxosha ama-Amori ayekulo.

40UMose wanika uMakiri indodana kaManase elakwaGileyadi, wahlala kulo.

41 UJayire indodana kaManase wahamba wathatha imizana yalo, wayibiza ngokuthi iHawoti Jayire.

42UNoba wahamba wathatha iKhenati nemizana yalo, walibiza ngokuthi iNoba ngegama lakhe.

## UNumeri 33

### Izindawo zokumisa ekuhambeni kuka-Israyeli, kusukela eGibithe kuze kufike eKhanani

1Nanka amabanga ohambo lwabantwana bakwa-Israyeli abaphuma ngawo ezweni laseGibithe ngamabandla abo phansi kwesandla sikaMose nesika-Aroni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2UMose waloba ngokuhamba kwabo ngamabanga abo ngesiyalezo sikaJehova; nanka amabanga abo njengokuhamba kwabo.

3 Basuka eRamsesi ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga yokuqala; ngolwangakusasa emva kwephasika abantwana bakwa-Israyeli baphuma ngesandla esiphakemeyo emehlweni abo bonke abaseGibithe,

4 abaseGibithe besembela onke amazibulo abo abulawa kubo nguJehova, uJehova ebahlulele nawonkulunkulu babo.

5Abantwana bakwa-Israyeli basuka-ke eRamsesi, bamisa eSukoti.

6 Basuka eSukoti, bamisa e-Etamu eliseceleni kwehlane.

7 Basuka e-Etamu, babuyela ePhi Hahiroti elingaphambi kweBali Sefoni; bamisa phambi kweMigidoli.

8 Basuka eHahiroti, badabula phakathi kolwandle, baya ehlane, bahamba ibanga lezinsuku ezintathu ehlane lase-Etamu, bamisa eMara.

9 Basuka eMara, bafika e-Elimi; e-Elimi kwakukhona imithombo eyishumi nambili yamanzi namasundu angamashumi ayisikhombisa; bamisa khona.

10Basuka e-Elimi, bamisa ngaseLwandle Olubomvu.

11 Basuka eLwandle oluBomvu, bamisa ehlane laseSini.

12Basuka ehlane laseSini, bamisa eDofika.

13Basuka eDofika, bamisa e-Alushi.

14 Basuka e-Alushi, bamisa eRefidimi, lapho kwakungekho manzi khona ukuba abantu baphuze.

15 Basuka eRefidimi, bamisa ehlane laseSinayi.

16 Basuka ehlane laseSinayi, bamisa eKibiroti Hathawa.

17 Basuka eKibiroti Hathawa, bamisa eHaseroti.

18Basuka eHaseroti, bamisa eRitima.

19Basuka eRitima, bamisa eRimoni Pheresi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Basuka eRimoni Pheresi, bamisa eLibina.

[21]Basuka eLibina, bamisa eRisa.

[22]Basuka eRisa, bamisa eKehelatha.

[23]Basuka eKehelatha, bamisa entabeni yaseSheferi.

[24]Basuka entabeni yaseSheferi, bamisa eHarada.

[25]Basuka eHarada, bamisa eMakeloti.

[26]Basuka eMakeloti, bamisa eTahati.

[27]Basuka eTahati, bamisa eThera.

[28]Basuka eThera, bamisa eMitika.

[29]Basuka eMitika, bamisa eHashimona.

[30]Basuka eHashimona, bamisa eMoseroti.

[31]Basuka eMoseroti, bamisa eBene Jahakani.

[32]Basuka eBene Jahakani, bamisa eHori Hagidigadi.

[33]Basuka eHori Hagidigadi, bamisa eJothabata.

[34]Basuka eJothabata, bamisa e-Abrona.

[35]Basuka e-Abrona, bamisa e-Esiyoni Geberi.

[36] Basuka e-Esiyoni Geberi, bamisa ehlane laseSini eliyiKadeshi.

[37] Basuka eKadeshi, bamisa entabeni yaseHori eceleni kwezwe lakwa-Edomi.

[38] U-Aroni umpristi wakhuphukela entabeni yaseHori ngesiyalezo sikaJehova, wafela khona ngomnyaka wamashumi amane emva kokuphuma kwabantwana bakwa-Israyeli ezweni laseGibithe, ngenyanga yesihlanu ngolokuqala lwenyanga.

[39]U-Aroni wayeneminyaka eyikhulu namashumi amabili nantathu mhla efela entabeni yaseHori.

[40] UmKhanani, inkosi yase-Aradi, owahlala eningizimu ezweni laseKhanani, wezwa ngokufika kwabantwana bakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

41 Basuka entabeni yaseHori, bamisa eSalimona.

42Basuka eSalimona, bamisa ePunoni.

43Basuka ePunoni, bamisa e-Oboti.

44 Basuka e-Oboti, bamisa e-Iye Abarimi emkhawulweni wakwaMowabi.

45Basuka e-Iyimi, bamisa eDiboniGadi.

46Basuka eDiboni Gadi, bamisa e-Alimoni Dibilatayimi.

47Basuka e-Alimoni Dibilatayimi, bamisa ezintabeni zase-Abarimi ngaphambi
kweNebo.

48 Basuka ezintabeni zase-Abarimi, bamisa emathafeni akwaMowabi
ngaseJordani ngaseJeriko.

49 Bamisa ngaseJordani kusukela eBeti Jeshimoti kuze kufike e-Abela
Shithimi emathafeni akwaMowabi.

50UJehova wakhuluma kuMose emathafeni akwaMowabi ngaseJordani
ngaseJeriko, wathi:

51 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa niwela iJordani ukuba
ningene ezweni laseKhanani,

52 niyakuxosha bonke abakhileyo ezweni phambi kwenu, nichithe yonke
imifanekiso yabo, nibulale zonke izithombe zabo ezibunjiweyo, nibhidlize
zonke izindawo zabo eziphakemeyo,

53nidle ifa lezwe, nihlale kulo, ngokuba ngininikile izwe ukuba nilidle.

54 Niyakulidla izwe ngenkatho ngokwemindeni yakini, abaningi nibanike ifa
elikhulu, nabayingcosana nibanike ifa elincane, nakuphi lapho inkatho
imudla khona umuntu, kuzakuba ngelakhe; niyakulidla ifa ngokwezizwe
zawoyihlo.

55 Kepha uma ningaxoshi abantu bezwe phambi kwenu, labo enibashiyayo
bayakuba njengezinkandi emehlweni enu nanjengameva ezinhlangothini
zenu, banikhathaze ezweni enihlala kulo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[56]Kuyakuthi njengalokho bengithi ngiyakwenza kubo, ngenze njalo nakini.

## UNumeri 34

### Ukunqunywa kwemikhawulo yezwe

[1]UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

[2] Yala abantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa nifika ezweni laseKhanani lokhu kuyizwe eliyakuba yifa lenu, izwe laseKhanani ngokwemikhawulo yalo --

[3] uhlangothi lwaseningizimu luyakusuka ehlane laseSini, lugudle elakwa-Edomi, umkhawulo wenu waseningizimu usuke ekugcineni koLwandle Lukasawoti ngasempumalanga,

[4]umkhawulo wenu ujike ngaseningizimu kokhalo lwe-Akarabimi, uze ufike eSini, uphume eningizimu kwaseKadeshi Barineya, uye eHasari Adari, uze ufike e-Asimoni,

[5]umkhawulo ujike ngase-Asimoni, uye emfuleni waseGibithe, uphume elwandle.

[6] Umkhawulo wasentshonalanga uyakuba luLwandle Olukhulu, lona lube ngumkhawulo wenu wasentshonalanga.

[7] Lokhu kuyakuba ngumkhawulo wenu wasenyakatho: kusukela eLwandle Olukhulu anoziphawulela intaba yaseHori;

[8]kusukela entabeni yaseHori anoziphawulela indlela eya eHamati, umkhawulo uphume eSedadi,

[9]andukuba umkhawulo uye eZifroni, uphume eHasari Enani; lokho kuyakuba ngumkhawulo wenu wasenyakatho.

[10] Anoziphawulela umkhawulo wenu wasempumalanga, usukela eHasari Enani uze ufike eShefamu;

[11]umkhawulo wehle eShefamu, uye eRibila ngasempumalanga kwase-Ayini, umkhawulo wehle njalo, uze ufinyelele emmangweni wangaselwandle lwaseKinereti ngasempumalanga,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12umkhawulo wehlele eJordani, uphume ngaseLwandle Lukasawoti; lokho kuyakuba yizwe lakini ngokwemikhawulo yalo nxazonke.

13UMose wayala abantwana bakwa-Israyeli, wathi: Lelo liyizwe eniyakulidla ngenkatho, uJehova ayale ngalo ukuba linikwe izizwe eziyisishiyagalolunye nenxenye,

14 ngokuba isizwe sabantwana bakwaRubeni njengezindlu zawoyise nesizwe sabantwana bakwaGadi njengezindlu zawoyise sezilitholile, nenxenye yesizwe sakwaManase isilitholile ifa layo;

15lezi zizwe ezimbili nenxenye zathola ifa lazo ngaphesheya kweJordani ngaseJeriko ngasempumalanga, lapho kuphuma khona ilanga.

**Ukukhethwa kwamadoda okwahlukanisa ifa lezwe**

16UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

17 Lawa angamagama amadoda ayakwahlukanisela izwe libe yifa lenu: u-Eleyazare umpristi noJoshuwa indodana kaNuni.

18Niyakuthabatha isikhulu sibe sinye kuleso naleso sizwe ukwahlukanisa izwe libe yifa lenu.

19 Yilawa-ke amagama amadoda: esizweni sakwaJuda: nguKalebi indodana kaJefune.

20Esizweni sabantwana bakwaSimeyoni: nguShemuweli indodana ka-Amihudi.

21Esizweni sakwaBenjamini: ngu-Elidadi indodana kaKisiloni.

22Esizweni sabantwana bakwaDani: yisikhulu uBuki indodana kaJogili.

23Kubantwana bakwaJosefa: esizweni sabantwana bakwaManase: yisikhulu uHaniyeli indodana ka-Efodi.

24Esizweni sabantwana bakwa-Efrayimi: yisikhulu uKemuweli indodana kaShifethani.

25Esizweni sabantwana bakwaZebuloni: yisikhulu u-Elisafani indodana kaParinaki.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

26Esizweni sabantwana bakwa-Isakare: yisikhulu uPalitiyeli indodana ka-Azani.

27Esizweni sabantwana bakwa Asheri: yisikhulu u-Ahihudi indodana kaShelomi.

28Esizweni sabantwana bakwaNafetali: yisikhulu uPedaheli indodana ka-Amihudi.

29Yilabo uJehova abayala ukwahlukanisela abantwana bakwa-Israyeli ifa ezweni laseKhanani.

## UNumeri 35

### Imizi engamashumi amane nesishiyagalombili yamaLevi

1UJehova wakhuluma kuMose emathafeni akwaMowabi ngaseJordani ngaseJeriko, wathi:

2 Yala abantwana bakwa-Israyeli ukuba banike amaLevi kulo izwe eliyifa labo imizi ukuba ahlale kuyo; niyakunika amaLevi namadlelo emizi nxazonke.

3Imizi ayakuhlala kuyo, amadlelo awo abe ngawezinkomo zawo, nawempahla yawo, nawezilwane zonke zawo.

4 Amadlelo emizi eniyakunika wona amaLevi ayakusuka ogangeni lomuzi izingalo eziyinkulungwane nxazonke.

5Niyakulinganisa ngaphandle komuzi izingalo eziyizinkulungwane ezimbili ngasempumalanga, nezingalo eziyizinkulungwane ezimbili ngaseningizimu, nezingalo eziyizinkulungwane ezimbili ngasentshonalanga, nezingalo eziyizinkulungwane ezimbili ngasenyakatho, umuzi ube phakathi. Lokho kuyakuba ngamadlelo emizi yawo.

6 Imizi eniyakuyinika amaLevi iyakuba yimizi eyisithupha yokuphephela, eniyakuyinika umbulali ukuba abalekele kuyo; ngaphandle kwayo niyakuwanika imizi engamashumi amane nambili.

7Yonke imizi eniyakuyinika amaLevi iyakuba ngamashumi amane nesishiyagalombili, yona kanye namadlelo ayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Mayelana nemizi eniyakuyinika nithathe kulo izwe labantwana bakwa-Israyeli, kwabaningi nithathe eminingi, kwabayingcosana nithathe eyingcosana, yilowo nalowo anike amaLevi ngokuthatha kuyo imizi yakhe njengefa lakhe alidlayo.

9 UJehova wakhuluma kuMose, wathi:

10 Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Nxa niwela iJordani ningena ezweni laseKhanani,

11 niyakumisela imizi ibe yimizi yokuphephela ukuba umbulali obulala umuntu kungengamabomu abalekele khona.

12 Iyakuba yimizi yenu yokuphepha kumphindiseli, ukuze umbulali angafi engakemi phambi kwenhlangano, ahlulelwe.

13 Imizi eniyakuwanika yona iyakuba yimizi yenu eyisithupha yokuphephela.

14 Niyakunikela imizi emithathu ngaphesheya kweJordani, ninikele imizi emithathu ezweni laseKhanani ibe yimizi yokuphephela.

15 Kubantwana bakwa-Israyeli, nakumfokazi, nakogogobeleyo phakathi kwabo lemizi iyakuba ngeyokuphephela ukuba yilowo nalowo obulala umuntu kungengamabomu abalekele khona.

## Imithetho yababulali

16 Kepha uma umuntu eshaya omunye ngento yensimbi aze afe, ungumbulali; umbulali wobulawa nokubulawa.

17 Uma emshaya ngetshe elisesandleni sakhe, umuntu angafa ngalo, aze afe, ungumbulali; umbulali wobulawa nokubulawa.

18 Uma emshaya ngesikhali somuthi esisesandleni sakhe, umuntu angafa ngaso, aze afe, ungumbulali; umbulali wobulawa nokubulawa.

19 Umphindiseli wegazi uyakumbulala umbulali uqobo lwakhe; lapho ehlangana naye, uyakumbulala.

20 Uma emgqula ngenzondo noma emphonsa emqamekele aze afe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21noma emshaya ngesandla sakhe ngobutha aze afe, omshayileyo wobulawa nokubulawa; ungumbulali; umphindiseli wegazi uyakumbulala umbulali, lapho ehlangana naye.

22 Kepha uma emgqula engazelele kungengabutha, noma emphonsa ngento engamqamekelanga,

23noma ngetshe umuntu angafa ngalo, engamboni, amphonse ngalo aze afe, engeyiso isitha sakhe, ebengafuni futhi ukumona,

24khona inhlangano iyakwahlulela phakathi koshayileyo nomphindiseli wegazi ngokwalezi zahlulelo;

25inhlangano imophule umbulali esandleni somphindiseli wegazi, inhlangano imbuyisele emzini wakhe wokuphephela lapho ebebalekele khona, ahlale kuwo aze afe umpristi omkhulu owayegcotshiwe ngamafutha angcwele.

26 Kepha uma umbulali edlula ngesikhathi esithile umkhawulo womuzi wakhe wokuphephela lapho ebalekele khona,

27umphindiseli wegazi emfica ngaphandle komkhawulo womuzi wakhe wokuphephela, umphindiseli wegazi embulala umbulali, akayikuba nacala legazi,

28ngokuba nga ehlalile emzini wakhe wokuphephela waze wafa umpristi omkhulu; kepha emva kokufa kompristi omkhulu umbulali uyakubuyela ezweni eliyifa lakhe.

29 Lezi zinto ziyakuba yisimiso sesahlulelo kini ezizukulwaneni zenu kuzo zonke izindlu zenu.

30 Noma ubani obulala umuntu, umbulali uyakubulawa ngemilomo yawofakazi; kepha ufakazi oyedwa akayikufakazela muntu aze afe.

31 Futhi aniyikuthatha ihlawulo lokuphila kombulali onecala lokubulala, kodwa wobulawa nokubulawa.

32 Aniyikuthatha ihlawulo lobalekele emzini wakhe wokuphephela ukuba abuye ahlale ezweni, engakafi umpristi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33 Aniyikungcolisa izwe enikulo, ngokuba igazi liyalingcolisa izwe; alikho ihlawulo lezwe ngegazi elichithakele kulo, kuphela ngegazi lolichithile.

34 Aniyikungcolisa izwe enakhe kulo, ngokuba mina Jehova ngihlala phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

## UNumeri 36

### Ukugana kwamadodakazi kaSelofehadi

1 Izinhloko zezindlu zawoyise bomndeni wabantwana bakwaGileyadi kaMakiri kaManase, abemindeni yamadodana kaJosefa, zasondela, zakhuluma phambi kukaMose naphambi kwezikhulu, izinhloko zezindlu zawoyise babantwana bakwa-Israyeli,

2 zathi: UJehova wayiyala inkosi yami ukubanika abantwana bakwa-Israyeli izwe libe yifa labo ngenkatho; inkosi yami yayalwa futhi nguJehova ukuba ifa likaSelofehadi umfowethu iwanike lona amadodakazi akhe.

3 Uma egana amadodana ezinye izizwe zabantwana bakwa-Israyeli, ifa lawo liyakususwa efeni lawobaba, lithasiselwe efeni laleso sizwe ayakuba ngawaso, kususwe efeni lezwe lethu.

4 Lapho liyakuba khona ijubili labantwana bakwa-Israyeli, ifa lawo liyakuthasiselwa efeni lalesosizwe ayakuba ngawaso, ifa lawo lisuswe efeni lesizwe sawobaba.

5 UMose wabayala abantwana bakwa-Israyeli njengezwi likaJehova, wathi: Isizwe samadodana kaJosefa sikhulume kahle.

6 Yilokho ayala ngakho uJehova ngamadodakazi kaSelofehadi, ethi: Mawagane njengokuhle emehlweni awo, kodwa agane nokho emndenini wesizwe sikayise.

7 Ifa labantwana bakwa-Israyeli aliyikuhamba izizwe ngezizwe, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli bayakunamathela, kube yilowo nalowo efeni lesizwe sawoyise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Yileyo naleyo ndodakazi enefa esizweni esithile sabantwana bakwa-Israyeli
iyakuba ngumfazi womndeni wesizwe sikayise, ukuze yilowo nalowo
wabantwana bakwa-Israyeli abe nefa lawoyise.

9Ifa aliyikuhamba izizwe ngezizwe, ngokuba izizwe zabantwana bakwa-
Israyeli ziyakunamathela, kube yileso naleso efeni laso.

10Njengalokho uJehova emyalile uMose, enze njalo-ke amadodakazi
kaSelofehadi,

11ngokuba oMahela, noTirisa, noHogila, noMilka, noNowa, amadodakazi
kaSelofehadi, agana amadodana awoyisekazi.

12Agana emindenini yamadodana kaManase indodana kaJosefa, nefa lawo
lahlala esizweni somndeni kayise.

13Leyo iyimiyalo nezahlulelo uJehova ayala ngakho ngesandla sikaMose
abantwana bakwa-Israyeli emathafeni akwaMowabi ngaseJordani
ngaseJeriko.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UDuteronomi

## UDuteronomi 1

### UMose ulanda ngokwenzekileyo ekuhambeni kwabakwa-Israyeli ehlane

1Lawa angamazwi uMose awakhuluma kubo bonke abakwa-Israyeli ngaphesheya kweJordani ehlane e-Araba, malungana neSufi, phakathi kwePharanu, neThofeli, neLabani, neHaseroti, neDi Zahabi,

2kuyizinsuku eziyishumi nanye ukusuka eHorebe ngendlela yasentabeni yaseSeyiri ukuya eKadeshi Barineya.

3Kwathi ngomnyaka wamashumi amane ngenyanga yeshumi nanye ngolokuqala lwenyanga uMose wakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli njengakho konke uJehova amyale ngakho ukuba akukhulume kubo,

4esenqobile uSihoni inkosi yama-Amori, owahlala eHeshiboni, no-Ogi inkosi yaseBashani, owahlala e-Ashitaroti ngase-Edireyi.

5Ngaphesheya kweJordani ezweni lakwaMowabi uMose waqala ukuchasisela lo mthetho ngokuthi:

6 UJehova uNkulunkulu wethu wakhuluma kithi eHorebe, wathi: Sekuyisikhathi eside nihlale kule ntaba;

7phendukani nihambe, niye entabeni yama-Amori nasezindaweni zonke eziseduze nakhona e-Araba, ezintabeni, nangenzansi, naseningizimu, nangasogwini lolwandle, ezweni lamaKhanani, naseLebanoni, kuze kube semfuleni omkhulu, umfula u-Ewufrathe.

8 Bhekani, ngilibekile izwe phambi kwenu; ngenani nilidle izwe uJehova alifungela oyihlo, o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe ukulinika bona nenzalo yabo emva kwabo.

9 Ngakhuluma kini ngaleso sikhathi, ngathi: Anginakunithwala mina ngedwa;

10 uJehova uNkulunkulu wenu unandisile; bhekani, namuhla ningangezinkanyezi zezulu ngobuningi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11UJehova uNkulunkulu wawoyihlo makathasisele kulokhu eniyikho
kayinkulungwane, anibusise, njengalokho wakhuluma kini.

12Mina ngedwa ngingathwala kanjani izinhlupheko zenu, nemithwalo yenu,
nokuxabana kwenu na?

13Nizithathele amadoda ahlakaniphileyo, aqondileyo, aziwayo ezizweni zenu,
ngiwenze abe yizinhloko phezu kwenu.

14 Nangiphendula nathi: Okukhulumileyo kuhle kithi ukukwenza.

15 Ngase ngithatha izinhloko zezizwe zenu, amadoda ahlakaniphileyo
naziwayo, ngawenza aba yizinhloko phezu kwenu: izinduna
zezinkulungwane, nezinduna zamakhulu, nezinduna zamashumi ayisihlanu,
nezinduna zamashumi, neziphathimandla ezizweni zenu.

16Ngabayala abahluleli benu ngaleso sikhathi, ngathi: Zwanini okuphakathi
kwabafowenu, nahlulele ngokulungileyo phakathi komuntu nomfowabo,
nomfokazi okuye.

17 Maningakhethi abantu ekwahluleleni, nimuzwe omncane njengomkhulu,
ningesabi ubuso bamuntu, ngokuba ukwahlulela kungokukaNkulunkulu;
indaba elukhuni kini niyilethe kimi, ngiyizwe.

18Nganiyala ngaleso sikhathi ngakho konke ebeniyakukwenza.

19 Sasuka eHorebe, sadabula lelo hlane elikhulu nelesabekayo enalibonayo
ngasendleleni yasentabeni yama-Amori, njengalokho uJehova uNkulunkulu
wethu wasiyala, saze safika eKadeshi Barineya.

20Ngase ngithi kini: Senifikile entabeni yama-Amori uJehova uNkulunkulu
wethu asinika yona.

21Bhekani, uJehova uNkulunkulu wenu ulibekile izwe phambi kwenu:
khuphukani nilidle, njengalokho uJehova uNkulunkulu wawoyihlo akhuluma
kini; ningesabi, ningapheli amandla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

22 Nasondela kimi nina nonke, nathi: Masithume amadoda phambi kwethu
ukuba asihlolele izwe, asibuyisele izwi ngendlela esimelwe ukukhuphuka
ngayo, nangemizi esiyakufika kuyo.

23 Leyo nto yaba nhle emehlweni ami, ngathatha kini amadoda ayishumi
nambili, kwaba yindoda inye kuleso naleso sizwe.

24 Wona ayesephenduka, akhuphukela entabeni, afika esiGodini sase-Eshikoli,
asihlola.

25 Athatha ngezandla zawo ezithelweni zezwe, azehlisela kithi, asibuyisela
izwi, athi: Yizwe elihle uJehova uNkulunkulu wethu asinika lona.

26 Nokho anithandanga ukukhuphuka, kepha nahlubuka esiyalezweni
sikaJehova uNkulunkulu wenu;

27 nakhonona ematendeni enu, nathi: Ngokuba uJehova wasizonda,
wasikhipha ezweni laseGibithe ukuba asinikele esandleni sama-Amori,
sichithwe.

28 Siyakukhuphukelaphi na? Abafowethu benzile izinhliziyo zethu ziphele
amandla ngokusho ukuthi: Abantu bakhulu, bade kunathi; imizi mikhulu,
ibiyelwe kuze kube sezulwini; futhi sibonile amadodana ama-Anaki khona.

29 Ngase ngithi kini: Ningashaywa luvalo, ningabesabi.

30 UJehova uNkulunkulu wenu ohamba phambi kwenu uyakunilwela
njengakho konke anenzela khona eGibithe emehlweni enu,

31 nasehlane lapho ubone khona ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho
wakuthwala njengendoda ithwala indodana yayo, endleleni yonke enahamba
ngayo, naze nafika kule ndawo.

32 Noma kunjalo, anikholwanga nokho nguJehova uNkulunkulu wenu

33 owahamba phambi kwenu endleleni ukunifunela indawo ukuba nimise
kuyo amatende enu, ngomlilo ebusuku ukunibonisa indlela ebeniyakuhamba
ngayo, nangefu emini.

34 UJehova wezwa izwi lokukhuluma kwenu, wathukuthela, wafunga wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35 Impela akuyikubona noyedwa walaba bantu balesi sizukulwane esibi izwe elihle engafunga ukubanika lona oyihlo,

36 ngaphandle kukaKalebi indodana kaJefune; yena uyakulibona; ngiyakumnika yena nabantwana bakhe izwe alinyatheleyo, ngokuba umlandele uJehova wakhe ngokupheleleyo.

37 Futhi uJehova wangithukuthelela ngenxa yenu, wathi: Nawe awuyikungena khona;

38 uJoshuwa indodana kaNuni omi phambi kwakho uyakungena khona; mqinise wena, ngokuba uyakumenza u-Israyeli adle ifa lalo.

39 Abancane benu enasho ukuthi bayakuba yimpango, nabantwana benu abangakwazi namuhla okuhle nokubi bayakungena khona, ngibanike lona, balidle.

40 Kepha nina anophenduka, nihambe, niye ehlane ngendlela eya eLwandle Olubomvu.

41 Nase niphendula, nithi kimi: Sonile kuJehova; siyakukhuphuka silwe njengakho konke asiyala ngakho uJehova uNkulunkulu wethu. Nabhincisa, kwaba yilowo nalowo izikhali zakhe zokulwa; kwase kuba lula kini ukuba nikhuphukele entabeni.

42 UJehova wayesethi kimi: Yisho kubo ukuthi: Ningakhuphuki, ningalwi, ngokuba angikho phakathi kwenu, ukuze ningabulawa phambi kwezitha zenu.

43 Ngakhuluma-ke kanjalo kini, analalela, kepha nahlubuka ezwini likaJehova, naziqhenya, nakhuphukela entabeni.

44 Ama-Amori ayehlala kuleyo ntaba aphuma anihlasela, anixosha njengokwenza kwezinyosi, aninqoba eSeyiri, kwaze kwaba seHorma.

45 Nabuye nakhala phambi kukaJehova, kepha uJehova akalalelanga izwi lenu, kanizwanga.

46 Nase nihlala eKadeshi izinsuku eziningi njengezinsuku enazihlala khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## UDuteronomi 2

### Inkulumo kaMose isaqhubeka

1 Sase siphenduka sahamba, saya ehlane ngendlela eya eLwandle Olubomvu, njengalokho ebeshilo kimi uJehova. Sazungeza intaba yaseSeyiri izinsuku eziningi.

2 UJehova wakhuluma kimi, wathi:

3 Sekuyisikhathi niyizungeza le ntaba; phendukani, niye ngasenyakatho.

4 Yala abantu ngokuthi: Niyakudabula umkhawulo wabafowenu, abantwana bakwa-Esawu abahlala eSeyiri; bayakunesaba, kepha maniqaphele nokho,

5 ningalwi nabo, ngokuba angiyikuninika izwe labo, ngisho nendawo yamathe onyawo, lokhu ngimnikile u-Esawu intaba yaseSeyiri ibe yifa lakhe.

6 Niyakuthenga kubo ukudla ngemali ukuba nidle, nithenge kubo futhi amanzi ngemali ukuba niphuze.

7 Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho ukubusisile emsebenzini wonke wesandla sakho; ukwazile ukuhamba kwakho kuleli hlane elikhulu; nakule minyaka engamashumi amane uJehova uNkulunkulu wakho waba nawe, awuswelanga lutho.

8 Sase sidlula sisuka kubafowethu, abantwana bakwa-Esawu abahlala eSeyiri, sashiya indlela yase-Araba, ne-Elati, ne-Esiyoni Geberi. Saphenduka sadlula ngendlela yasehlane lakwaMowabi.

9 UJehova wayesethi kimi: Ungakhathazi uMowabi, ungalwi nabo ekulweni, ngokuba angiyikukunika izwe lakhe libe yifa, lokhu ngibanikile abantwana bakwaLoti i-Ari libe yifa labo.

10 Kwakuhlala khona kuqala ama-Emi, abantu abakhulu, abaningi, abade njengama-Anaki;

11 laba bathiwa namaRefa njengama-Anaki, kepha abakwaMowabi bababiza ngokuthi ama-Emi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 AmaHori nawo ayehlala eSeyiri kuqala, kepha abantwana bakwa-Esawu bawaxosha, bawachitha phambi kwabo, bakha esikhundleni sawo njengalokho u-Israyeli enza kulo izwe elaliyifa lakhe, aphiwe lona nguJehova.

13 Sukani kalokhu, niwele umfula iZeredi. Sase siwela-ke umfula iZeredi.

14 Izinsuku esahamba ngazo sisuka eKadeshi Barineya saze sawela umfula iZeredi zaziyiminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili, kwaze kwaphela isizukulwane samadoda empi phakathi kwekamu, njengalokho uJehova afunga kuwo.

15Futhi isandla sikaJehova sasimelene nawo ukuwachitha phakathi kwekamu, aze aphela.

16 Kwathi onke amadoda empi esephelile afa phakathi kwabantu,

17uJehova wakhuluma kimi, wathi:

18 Wena uyakuwela i-Ari, umkhawulo wakwaMowabi;

19 lapho ususondela malungana nabantwana bakwa-Amoni, ungabakhathazi, ungalwi nabo, ngokuba angiyikukunika izwe labantwana bakwa-Amoni libe yifa lenu, lokhu ngibanikile lona abantwana bakwaLoti libe yifa labo.

20Nalelo lithiwa izwe lamaRefa; amaRefa ahlala khona kuqala; kepha abakwa-Amoni bawabiza ngokuthi amaZamuzumi,

21abantu abakhulu, abaningi, abade njengama-Anaki; kepha uJehova wabachitha phambi kwabo; babaxosha, bakha esikhundleni sabo,

22njengalokho ebenzela abantwana bakwa-Esawu ababehlala eSeyiri, lapho ewachitha amaHori phambi kwabo, bawaxosha, bahlala esikhundleni sawo kuze kube namuhla;

23kanjalo nama-Avi ayehlala emizaneni kwaze kwaba seGaza, anqoba amaKafitori ayevela eKafitori, akha esikhundleni sawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Sukani nihambe, niwele umfula i-Arinoni; bhekani, nginikele esandleni sakho uSihoni umAmori, inkosi yaseHeshiboni, nezwe lakhe: qala ukulidla, ulwe naye ekulweni.

25 Namuhla ngiyakuqala ukubeka uvalo nokukwesaba phezu kwezizwe zonke eziphansi kwezulu, eziyakuzwa indaba yakho, zithuthumele, ziqhaqhazele ngenxa yakho.

26 Ngase ngithuma izithunywa kuSihoni inkosi yaseHeshiboni, zisuka ehlane laseKedemoti, zinamazwi okuthula, ngokuthi:

27Mangidabule izwe lakho; ngiyakuhamba ngomgwaqo, ngingajiki ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo.

28Uyakuthengisa kimi ukudla ngemali ukuba ngidle, ningiphe amanzi ngemali ukuba ngiphuze; mangidabule kuphela ngezinyawo,

29njengalokho bangenzela abantwana bakwa-Esawu ababehlala eSeyiri nabakwaMowabi ababehlala e-Ari, ngize ngiwele iJordani, ngingene ezweni uJehova uNkulunkulu wethu asinika lona.

30Kepha uSihoni inkosi yaseHeshiboni akasivumelanga ukuba sidlule kuye, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho wenza lukhuni umoya wakhe, wenza ukuba ibe nenkani inhliziyo yakhe, ukuze amnikele esandleni sakho njenganamuhla.

31 UJehova wayesethi kimi: Bheka, ngiqalile ukunikela uSihoni nezwe lakhe phambi kwakho: qala ukulidla ukuba udle ifa lezwe lakhe.

32 USihoni waphuma wasihlasela, yena nabo bonke abantu bakhe, ukuzokulwa eJahasi.

33UJehova uNkulunkulu wethu wamnikela phambi kwethu, samnqoba yena namadodana akhe nabantu bakhe bonke.

34Sathatha yonke imizi yakhe ngaleso sikhathi, sachitha saqeda yonke imizi enamadoda nabesifazane nezingane; asishiyanga muntu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[35]izinkomo kuphela sazithathela zona zaba yimpango yethu kanye nempango yemizi esasiyithathile.

[36]Kusukela e-Aroweri elisosebeni lomfula i-Arinoni nasemzini osesigodini kuze kube kwaGileyadi akubangakho muzi owasahlula ngokuphakama; uJehova uNkulunkulu wethu wayinikela yonke phambi kwethu;

[37]izwe labantwana bakwa-Amoni nokho awusondelanga kulo, uhlangothi lomfula iJakobi, nemizi esezintabeni, nakuphi lapho uNkulunkulu wasenqabela khona.

## UDuteronomi 3

### Inkulumo kaMose isaqhubeka

[1] Sase siphenduka sakhuphuka ngendlela eya eBashani; u-Ogi inkosi yaseBashani waphuma wasihlasela, yena nabo bonke abantu bakhe, ukuzokulwa ngase-Edireyi.

[2] UJehova wayesethi kimi: Ungamesabi, ngokuba ngimnikele yena nabo bonke abantu bakhe nezwe lakhe esandleni sakho, wena wenze kuye, njengalokho wenza kuSihoni inkosi yama-Amori, owahlala eHeshiboni.

[3] UJehova uNkulunkulu wethu wayesenikela esandleni sethu naye u-Ogi inkosi yaseBashani nabantu bakhe bonke; samnqoba, akwaze kwasala muntu kuye.

[4]Sathatha yonke imizi yakhe ngaleso sikhathi; akubangakho muzi esingawuthathanga kubo: imizi engamashumi ayisithupha, sonke isifunda sase-Arigobi, umbuso ka-Ogi eBashani.

[5]Yonke lena yayiyimizi ebiyelwe ngezingange eziphakemeyo, namasango, nemigoqo, ngaphandle kwemizana eminingi kakhulu.

[6]Sayichitha sayiqeda, njengalokho senza kuSihoni inkosi yaseHeshiboni, sichitha siqeda yonke imizi enamadoda nabesifazane nezingane.

[7] Kepha izinkomo nempango yemizi sakuthatha kwaba yimpango yethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Salithatha ngaleso sikhathi izwe esandleni samakhosi ama-Amori aphesheya
kweJordani, kusukela esigodini sase-Arinoni kuze kube sentabeni
yaseHermoni

9 eliyiHermoni elibizwa ngamaSidoni ngokuthi iSiriyoni nama-Amori alibiza
ngokuthi iSeniri

10 yonke imizi yasethafeni, nalo lonke elakwaGileyadi, nalo lonke iBashani
kuze kube seSaleka nase-Edireyi, imizi yasembusweni ka-Ogi eBashani.

11 Ngokuba u-Ogi kuphela, inkosi yaseBashani, wasala ensalini yamaRefa;
bheka, ibhokisi lakhe laliyibhokisi lensimbi; angithi liseRaba kubantwana
bakwa-Amoni; ubude balo babuyizingalo eziyisishiyagalolunye, nobubanzi
balo buyizingalo ezine, ngokwengalo yomuntu.

12 Lelo zwe salidla ngaleso sikhathi; izwe elisukela e-Aroweri elisesigodini
sase-Arinoni, nenxenye yezintaba zakwaGileyadi, nemizi yalo, sabanika
khona abakwaRubeni nabakwaGadi;

13 insali yakwaGileyadi, nalo lonke iBashani, umbuso ka-Ogi, nganika lokho
inxenye yesizwe sakwaManase, sonke isifunda sase-Arigobi neBashani lonke
elibizwa ngokuthi izwe lamaRefa.

14 UJayire indodana kaManase wathatha sonke isifunda sase-Arigobi kuze
kube semkhawulweni wamaGeshuri nowamaMahakhathi, wasibiza -- lona
iBashani -- ngegama lakhe ngokuthi iHawoti Jayire kuze kube namuhla.

15 Ngamnika uMakiri elakwaGileyadi.

16 AbakwaRubeni nabakwaGadi ngabanika okusukela kwaGileyadi kuze kube
sesigodini sase-Arinoni phakathi nesigodi kwaba ngumkhawulo nasemfuleni
iJakobi elingumkhawulo wabantwana bakwa-Amoni,

17 ne-Araba futhi, neJordani elingumkhawulo, kusukela eKinereti kuze kube
seLwandle lwase-Araba, uLwandle Lukasawoti, phansi kwemithambeka
yasePisiga ngasempumalanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

18 Ngaleso sikhathi nganiyala ngathi: UJehova uNkulunkulu wenu uninikile leli zwe ukuba nilidle; niyakuwela nihlomile phambi kwabafowenu, abantwana bakwa-Israyeli, nonke eningamadoda anesibindi.

19Kepha omkenu, nabancane benu, nezinkomo zenu -- ngiyazi ukuthi ninezinkomo eziningi -- bayakuhlala emizini yenu engininike yona,

20uJehova aze aphe abafowenu ukuphumula njengani, nabo balidle izwe uJehova uNkulunkulu wenu ayakubanika lona ngaphesheya kweJordani, andukuba nibuyele, kube yilowo nalowo ezweni lakhe engininike lona.

21 Ngamyala uJoshuwa ngaleso sikhathi, ngathi: Amehlo akho abonile konke uJehova uNkulunkulu wenu akwenzile kulawo makhosi amabili: kanjalo uJehova uyakwenza kuyo yonke imibuso eniyidabulayo.

22Aniyikubesaba, ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu nguyena onilwelayo.

23 Ngaleso sikhathi ngacela kuJehova, ngathi:

24 Nkosi Jehova, uqalile ukubonisa inceku yakho ubukhulu bakho nesandla sakho esinamandla, ngokuba ngumuphi unkulunkulu ezulwini nasemhlabeni ongenza njengemisebenzi yakho nanjengezenzo zakho zamandla na?

25Ake ngiwele, ngilibone izwe elihle elingaphesheya kweJordani, leyo ntaba enhle, neLebanoni.

26 Kepha uJehova wangithukuthelela ngenxa yenu, akangizwanga; uJehova wayesethi kimi: Mawudele; ungabe usakhuluma nami ngale ndaba.

27 Khuphukela esiqongweni sasePisiga, uphakamisele amehlo akho ngasentshonalanga, nangasenyakatho, nangaseningizimu, nangasempumalanga, ulibheke ngamehlo akho, ngokuba awuyikuliwela leli Jordani.

28 Kepha yala uJoshuwa, umqunge isibindi, umqinise, ngokuba uyakuwela phambi kwalaba bantu, abenze ukuba balidle izwe oyakulibona.

29Sahlala-ke esigodini esimalungana neBeti Peyori.

**UDuteronomi 4**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

**Inkulumo kaMose isaqhubeka**

1 Manje-ke, Israyeli, yizwa izimiso nezahlulelo enginifundisa zona ukuba nizenze, nize niphile, ningene nilidle izwe uJehova uNkulunkulu wawoyihlo aninika lona.

2 Aniyikuthasisela ezwini enginiyala ngalo, ninganciphisi futhi kulo, ukuba nigcine imiyalo kaJehova uNkulunkulu wenu enginiyala ngayo.

3 Amehlo enu abonile okwenziwa nguJehova ngenxa kaBali Peyori ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho wabachitha phakathi kwakho bonke abantu ababemlandela uBali Peyori.

4 Kodwa nina enanamathela kuJehova uNkulunkulu wenu nisekhona nonke nanamuhla.

5 Bhekani, nginifundisile izimiso nezahlulelo njengokungiyala kukaJehova uNkulunkulu wami ukuthi niyakwenza kanjalo phakathi kwezwe eningena kulo ukulidla.

6 Ngalokho manizigcine, nizenze, ngokuba lokhu kungukuhlakanipha kwenu nokuqonda kwenu emehlweni ezizwe eziyakuzizwa zonke lezi zimiso, zithi: Impela lesi sizwe esikhulu singabantu abahlakaniphileyo nabaqondileyo.

7 Ngokuba yisiphi isizwe esikhulu esinonkulunkulu oseduze naso njengoJehova uNkulunkulu wethu, enjalo nanini lapho simbiza, na?

8 Yisiphi isizwe esikhulu esinezimiso nezahlulelo ezilungile njengawo wonke lo mthetho engiwubeka phambi kwenu namuhla na?

9 Kepha xwaya, ugcine kahle umphefumulo wakho, funa ukhohlwe izinto azibonayo amehlo akho, zimuke enhliziyweni yakho izinsuku zonke zokuhamba kwakho; bazise zona abantwana bakho nabantwana babantwana bakho:

10 usuku owema ngalo phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho eHorebe, lapho uJehova wathi kimi: Ngibuthele abantu, ngibezwise amazwi ami ukuba bafunde ukungesaba zonke izinsuku zokuhamba kwabo emhlabeni, bafundise nabantwana babo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Nase nisondela, nema phansi kwentaba; intaba yavutha umlilo kwaze kwaba phakathi kwezulu, inobumnyama, namafu, nesigayegaye.

12UJehova wayesekhuluma kini ephakathi komlilo; nezwa izwi likhuluma, kepha anibonanga simo, kwakuyizwi kuphela.

13 Wanimemezelela isivumelwano sakhe aniyala ngaso ukuba nisenze, imiyalelo eyishumi; wayiloba ezibhebheni ezimbili zamatshe.

14UJehova wanginika ngaleso sikhathi ukunifundisa izimiso nezahlulelo ukuba nizenze ezweni eningena kulo ukulidla.

15 Gcinani kahle imiphefumulo yenu, lokhu ningabonanga simo ngalolo suku uJehova akhuluma ngalo kini eHorebe ephakathi komlilo,

16 funa none, nizenzele izithombe ezibaziweyo, isimo somfanekiso wowesilisa noma owowesifazane,

17 noma umfanekiso wesilwane esisemhlabeni, noma umfanekiso wenyoni enamaphiko, endizayo emkhathini,

18noma umfanekiso wesilwanyana esinwabuzelayo emhlabeni, noma umfanekiso wenhlanzi esemanzini phansi komhlaba,

19 funa uphakamisele amehlo akho ezulwini, nalapho ubona ilanga nenyanga nezinkanyezi, lonke ibandla lezulu, uyengwe, uze ukhuleke kukho, ukukhonze, okwabelwe izizwe zonke eziphansi kwezulu nguJehova uNkulunkulu wakho.

20Kepha uJehova wakuthatha, wakukhipha esithandweni sensimbi, iGibithe, ube ngabantu befa kuye njenganamuhla.

21 Futhi uJehova wangithukuthelela ngenxa yenu, wafunga ukuthi angiyikuwela iJordani nokuthi angiyikungena kulelo zwe elihle uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona libe yifa lakho,

22kepha ngimelwe ukufa mina kulelizwe, ngingaweli iJordani; kodwa nina niyakuwela, nilidle lelo zwe elihle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Xwayani, funa nikhohlwe isivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wenu owasenza nani ngokuzenzela izithombe ezibaziweyo ngomfanekiso wento uJehova uNkulunkulu wakho akwenqabela yona.

24 Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho ungumlilo oqothulayo, unguNkulunkulu onomhawu.

25 Nxa uyakuzala abantwana nabantwana babantwana, nanxa senihlale isikhathi eside ezweni, none, nenze izithombe ezibaziweyo ngomfanekiso wento ethile, nenze okubi emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakho, nimthukuthelise,

26 ngifakazisa namuhla izulu nomhlaba ngani ukuthi niyakuphela nokuphela masinyane ezweni eniwela iJordani ukuya kulo ukuba nilidle; aniyikwandisa izinsuku zenu kulo: niyakuqothulwa nokuqothulwa.

27 UJehova uyakunihlakazela ezizweni, nisale niyingcosana phakathi kwabezizwe, lapho uJehova eyakuniholela khona.

28 Lapho niyakukhonza onkulunkulu, umsebenzi wezandla zabantu, imithi namatshe, abangaboni, abangezwa, abangahogeli.

29 Uma nina niselapho nimfuna uJehova uNkulunkulu wenu, niyakumfumana, uma nimfuna ngayo yonke inhliziyo yenu nangawo wonke umphefumulo wenu.

30Uma usekuhluphekeni, zikwehlela zonke lezi zinto, uyakuphendukela kuJehova uNkulunkulu wakho ngezinsuku zokugcina, ulalele izwi lakhe,

31ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho unguNkulunkulu onomusa; akayikukushiya, angakubhubhisi, angakhohlwa isivumelwano sawoyihlo asifungela bona.

32 Ngokuba ake ubuze izinsuku ezidlulileyo ezaziphambi kwakho, kusukela osukwini uNkulunkulu adala ngalo umuntu emhlabeni, kusukela kolunye uhlangothi lwezulu kuze kufike kolunye, uma kwake kwaba khona into engaka nokuba kwake kwezwakala okungangayo na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33 Abantu bake balizwa yini izwi likaNkulunkulu likhuluma livela phakathi komlilo, njengalokho wena uzwile, baphile, na?

34 UNkulunkulu wake walinga yini ukuhamba eyozithabathela isizwe phakathi kwesinye isizwe ngezilingo, nangezibonakaliso, nangezimangaliso, nangempi, nangesandla esinamandla, nangengalo eyeluliweyo, nangengebhe enkulu njengakho konke uJehova uNkulunkulu wenu anenzela khona eGibithe phambi kwamehlo enu, na?

35 Wena waboniswa lokho ukuba wazi ukuthi uJehova unguNkulunkulu, akakho omunye ngaphandle kwakhe.

36 Esezulwini wakuzwisa izwi lakhe ukuba akufundise; emhlabeni wakubonisa umlilo wakhe omkhulu; wena wezwa amazwi akhe evela phakathi komlilo.

37 Lokhu ebethanda oyihlo wakhetha inzalo yabo emva kwabo, wakukhipha yena uqobo ngamandla akhe amakhulu eGibithe

38 ukuba axoshe izizwe ezinkulu nezinamandla kunawe phambi kwakho, angenise wena, akunike izwe labo libe yifa lakho njenganamuhla.

39 Yazi namuhla, ukungenise enhliziyweni yakho ukuthi uJehova unguNkulunkulu ezulwini phezulu nasemhlabeni phansi; akakho omunye.

40 Wogcina izimiso zakhe nemiyalo yakhe engikuyala ngakho namuhla ukuba kube kuhle kuwe, nakubantwana bakho emva kwakho, wandise izinsuku zakho ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona kuze kube phakade.

**Ukwahlukaniswa kwemizi emithathu yokuphephela**

41 Khona uMose wahlukanisa imizi emithathu ngaphesheya kweJordani ngasempumalanga

42 ukuba umbulali abalekele khona, obulala umakhelwane wakhe kungengamabomu, ebekade engamzondi, wothi aphile uma ebalekela komunye waleyo mizi:

43 iBeseri elisehlane ezweni lethafa libe ngowabakwaRubeni, neRamoti elikwaGileyadi libe ngowabakwaGadi, neGolanu eliseBashani libe ngowabakwaManase.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

44 Yiwo umthetho uMose awubeka phambi kwabantwana bakwa-Israyeli;

45 yibo ubufakazi, nezimiso, nezahlulelo uMose akukhulumayo kubantwana bakwa-Israyeli ekuphumeni kwabo eGibithe,

46 ngaphesheya kweJordani esigodini malungana neBeti Peyori ezweni likaSihoni inkosi yama-Amori, owahlala eHeshiboni, owanqotshwa nguMose nabantwana bakwa-Israyeli ekuphumeni kwabo eGibithe.

47 Balithatha izwe lakhe, balidla kanye nezwe lika-Ogi inkosi yaseBashani, amakhosi amabili ama-Amori ayengaphesheya kweJordani ngasempumalanga,

48 kusukela e-Aroweri eliseceleni kwesigodi sase-Arinoni kuze kube sentabeni yaseSiyoni eyiHermoni,

49 nalo lonke i-Araba ngaphesheya kweJordani ngasempumalanga, kuze kube seLwandle lwase-Araba phansi kwemithambeka yasePisiga.

## UDuteronomi 5

### Isivumelwano saseHorebe

1 UMose wayesebiza wonke u-Israyeli, wathi kuye: Yizwa, Israyeli, izimiso nezahlulelo engizikhuluma ezindlebeni zakho namuhla ukuba uzifunde, uqaphele ukuzenza.

2 UJehova uNkulunkulu wethu wenza isivumelwano nathi eHorebe.

3 UJehova akasenzanga lesi sivumelwano nawobaba, wasenza nathi, yebo, thina esikhona lapha sonke namuhla siphilile.

4 UJehova wakhuluma kinina ubuso nobuso entabeni ephakathi komlilo.

5 Mina ngema phakathi kukaJehova nani ngaleso sikhathi ukunazisa izwi likaJehova, ngokuba nesaba ngenxa yomlilo, anakhuphukela entabeni. Wathi: Imiyalelo eyishumi

6 NginguJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila.

7 Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo zomfanekiso wokusezulwini phezulu, nokusemhlabeni phansi, nokusemanzini phansi komhlaba;

9 ungazikhothameli, ungazikhonzi, ngokuba mina Jehova uNkulunkulu wakho nginguNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo,

10 kepha ngibenzela umusa abayizinkulungwane abangithandayo, bagcine imiyalelo yami.

11 Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba uJehova akayikumyeka oliphatha ngeze igama lakhe.

12 Gcina usuku lwesabatha, ulungcwelise, njengalokho uJehova uNkulunkulu wakho ekuyalile.

13 Izinsuku eziyisithupha uyakusebenza, uwenze wonke umsebenzi wakho,

14 kepha usuku lwesikhombisa luyisabatha likaJehova uNkulunkulu wakho; awuyikusebenza msebenzi ngalo, wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nenkabi yakho, nembongolo yakho, nezinkomo zakho, nomfokazi wakho ophakathi kwamasango akho, ukuba inceku yakho nencekukazi yakho ziphumule njengawe.

15 Wokhumbula ukuthi wawuyinceku ezweni laseGibithe nokuthi uJehova uNkulunkulu wakho wakukhipha khona ngesandla esinamandla nangengalo eyeluliweyo; ngalokho uJehova uNkulunkulu wakho wakuyala ukugcina usuku lwesabatha.

16 Yazisa uyihlo nonyoko, njengalokho uJehova uNkulunkulu wakho wakuyala, ukuze izinsuku zakho zibe zinde, kube kuhle kuwe ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.

17 Ungabulali.

18 Ungaphingi.

19 Ungebi.

20 Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Ungafisi umfazi womakhelwane wakho; ungafisi indlu yomakhelwane wakho, nensimu yakhe, nenceku yakhe, nencekukazi yakhe, nenkabi yakhe, nembongolo yakhe, nokunye okomakhelwane wakho.

22 Lawo mazwi uJehova wawakhuluma kuyo yonke inhlangano yenu entabeni, evela phakathi komlilo, nefu, nesigayegaye, ngezwi elikhulu, akathasiselanga lutho. Wawaloba ezibhebheni ezimbili zamatshe, wanginika zona.

23 Kwathi lapho nilizwa izwi elivela phakathi kobumnyama, intaba ivutha umlilo, nasondela kimi, zonke izinhloko zenu zezizwe zenu namalunga enu,

24 nathi: Bheka, uJehova uNkulunkulu wethu usibonisile inkazimulo yakhe nobukhulu bakhe, salizwa izwi lakhe livela phakathi komlilo; sibonile namuhla ukuthi uNkulunkulu uyakhuluma nomuntu, adlule aphile.

25 Ngalokho siyakufelani na? Ngokuba lo mlilo omkhulu uyakusiqeda; uma silizwa futhi izwi likaJehova uNkulunkulu wethu, siyakufa.

26 Ngokuba ngubani enyameni yonke ozwile njengathi izwi likaNkulunkulu ophilayo livela phakathi komlilo, waphila, na?

27 Sondela wena, uzwe konke uJehova uNkulunkulu wethu ayakukukhuluma, usitshele konke uJehova uNkulunkulu wethu ayakukukhuluma kuwe, sikuzwe, sikwenze.

28 UJehova wawezwa amazwi enu ekukhulumeni kwenu kimi; uJehova wayesethi kimi: Ngiwezwile amazwi alaba bantu abawakhulume kuwe; basho kahle konke abakukhulumile.

29 Sengathi kungaba khona kubo inhliziyo enjalo ukuba bangesabe, bagcine njalo yonke imiyalelo yami, kube kuhle kubo nakubantwana babo kuze kube phakade.

30 Hamba, usho kubo ukuthi: Buyelani ematendeni enu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

31Kepha wena, yima lapha ngakimi, ngikhulume kuwe yonke imiyalo,
nezimiso, nezahlulelo oyakubafundisa khona ukuba bakwenze ezweni
engibanika lona ukuba balidle.

32 Niyakuqaphela ukwenza njengalokho uJehova uNkulunkulu wenu
eniyalile, ningaphenduki ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo.

33Niyakuhamba njalo endleleni uJehova uNkulunkulu wenu aniyale ngayo,
ukuze niphile, kube kuhle kini, nandise izinsuku zenu ezweni eniyakulidla.

## UDuteronomi 6

### Isiyalezo sokugcina imiyalo kaNkulunkulu nesokumthanda

1 Nansi imiyalo, nezimiso, nezahlulelo uJehova uNkulunkulu wenu ayala
ukuba nifundiswe khona, nikwenze ezweni eniya kulo ukulidla,

2ukuze umesabe uJehova uNkulunkulu wakho, ugcine zonke izimiso zakhe
nemiyalo yakhe engikuyala ngakho, wena nendodana yakho nendodana
yendodana yakho zonke izinsuku zokuhamba kwakho, kwandiswe imihla
yakho.

3Yizwa-ke, Israyeli, uqaphele ukukwenza ukuba kube kuhle kuwe, nande
ngamandla, njengalokho uJehova uNkulunkulu wawoyihlo wakuthembisa
khona ezweni elivame ubisi nezinyosi.

4 Yizwa, Israyeli: uJehova uNkulunkulu wethu, uJehova, munye;

5 wothanda uJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho,
nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo onke amandla akho.

6Lawa mazwi engikuyala ngawo namuhla ayakuba senhliziyweni yakho,

7 ubafundise impela wona abantwana bakho, uwakhulume lapho uhlezi
endlini yakho, nalapho uhamba endleleni, nalapho ulala, nalapho uvuka.

8 Uyakuwabopha abe luphawu esandleni sakho, abe yisikhumbuzo phakathi
kwamehlo akho.

9Wowaloba ezinsikeni zomnyango wendlu yakho nasemasangweni akho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Kuyakuthi lapho uJehova uNkulunkulu wakho eyakukungenisa ezweni alifungela oyihlo, o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe, ukukunika lona kanye nemizi emikhulu nemihle ongayakhanga,

11 nezindlu ezigcwele zonke izinto ezinhle ongazigcwalisanga, nemithombo embiweyo ongayimbanga, nezivini neminqumo ongakutshalanga, nalapho udla usuthe,

12 xwaya ukuba ungakhohlwa uJehova owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila.

13 Womesaba uJehova uNkulunkulu wakho; wokhonza yena, ufunge igama lakhe.

14 Aniyikulandela abanye onkulunkulu, onkulunkulu babantu abanizungezayo

15 ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho ophakathi kwakho unguNkulunkulu onomhawu funa intukuthelo kaJehova uNkulunkulu wakho ikuvuthele, ikuchithe ebusweni bomhlaba.

16 Aniyikumlinga uJehova uNkulunkulu wenu, njengalokho namlinga eMasa.

17 Niyakugcina nokugcina imiyalo kaJehova uNkulunkulu wenu, nobufakazi bakhe, nezimiso zakhe akuyale ngakho.

18 Wokwenza okulungile nokuhle emehlweni kaJehova ukuba kube kuhle kuwe, ungene ulidle lelo zwe elihle uJehova alifungela oyihlo

19 ukuxosha zonke izitha zakho phambi kwakho, njengalokho ekhulumile uJehova.

20 Lapho indodana yakho ikubuza ngesikhathi esizayo, ithi: Buyini ubufakazi, nezimiso, nezahlulelo uJehova uNkulunkulu wethu aniyale ngakho na?

21 uyakusho kuyo indodana yakho ukuthi: Sasiyizigqila zikaFaro eGibithe; uJehova wasikhipha eGibithe ngesandla esinamandla;

22 uJehova wenza izibonakaliso nezimangaliso ezinkulu nezesabekayo phezu kweGibithe, naphezu kukaFaro, naphezu kwayo yonke indlu yakhe phambi kwamehlo ethu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 wasikhipha lapho ukuba asingenise ukusinika izwe alifungela obaba.

24 UJehova wasiyala ukwenza zonke lezo zimiso, simesabe uJehova uNkulunkulu wethu, kube kuhle kithi njalo, ukuba asiphe siphile njenganamuhla.

25 Kuyakuba ngukulunga kithi, uma sigcina ukwenza yonke le miyalo phambi kukaJehova uNkulunkulu wethu, njengalokho esiyalile.

## UDuteronomi 7

### AmaKhanani amelwe ukuchithwa

1 Lapho uJehova uNkulunkulu wakho eyakukungenisa ezweni oya kulo ukulidla, axoshe izizwe eziningi phambi kwakho, amaHeti, namaGirigashi, nama-Amori, namaKhanani, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi, izizwe eziyisikhombisa ezinkulu nezinamandla kunawe,

2 nalapho uJehova uNkulunkulu wakho ezinikela phambi kwakho, uzinqobe, wozichitha nokuzichitha, ungenzi isivumelwano nazo, ungabi namusa kuzo,

3 ungaganiselani nazo, ungayiniki indodana yakhe indodakazi yakho, ungathatheli indodana yakho indodakazi yakhe.

4 Ngokuba uyakuphambukisa indodana yakho ekungilandeleni ukuba bakhonze abanye onkulunkulu, intukuthelo kaJehova ikuvuthele, akuchithe masinyane.

5 Niyakubaphatha kanje: niyakudiliza ama-altare abo, niphohloze izinsika zabo, ninqume o-Ashera babo, nishise ngomlilo izithombe zabo ezibaziweyo.

6 Ngokuba uyisizwe esingcwele kuJehova uNkulunkulu wakho: uJehova uNkulunkulu wakho ukukhethile ukuba ube yisizwe senzuzo yakhe phezu kwezizwe zonke ezisebusweni bomhlaba.

7 UJehova akanamathelanga kini, kanikhethanga ngokuba nanibaningi kunezinye izizwe, ngokuba naniyingcosana kunezizwe zonke,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 kepha ngokuba uJehova enithanda nangokuba ebeyakugcina isifungo
asifungela oyihlo uJehova unikhiphile ngesandla esinamandla, wanihlenga
endlini yezigqila esandleni sikaFaro inkosi yaseGibithe.

9 Yazi-ke ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho unguNkulunkulu, uNkulunkulu
othembekileyo, ogcina isivumelwano nomusa nabamthandayo abagcina
imiyalo yakhe kuze kube sezizukulwaneni eziyinkulungwane,

10abaphindisele abamzondayo ebusweni babo, ababhubhise; akayikulibala
kuyena omzondayo, uyakumphindisela ebusweni bakhe.

11Ngalokho uyakugcina imiyalo, nezimiso, nezahlulelo engikuyala ngakho
namuhla ukukwenza.

12 Kuyakuthi ngokuba nilalela lezi zahlulelo, nizigcine, nizenze, uJehova
uNkulunkulu wakho uyakugcina isivumelwano nawe nomusa awufungela
oyihlo,

13akuthande, akubusise, akwandise, abusise nenzalo yesisu sakho, nesithelo
somhlabathi wakho, namabele akho, newayini lakho, namafutha akho,
nenzalo yezinkomo zakho, nokwanda kwezimvu zakho ezweni alifungela
oyihlo ukuninika lona.

14 Uyakubusiswa ngaphezu kwezizwe zonke, kungabikho mlisa nowesifazane
oyinyumba phakathi kwenu noma phakathi kwezinkomo zenu.

15 UJehova uyakususa kuwe zonke izifo, angabeki kuwe izifo ezimbi
zaseGibithe ozaziyo, kepha azifake phezu kwabo bonke abakuzondayo.

16Uyakuqeda zonke izizwe uJehova uNkulunkulu wakho ayakuzinikela kuwe;
iso lakho lingazihawukeli, ungakhonzi onkulunkulu bazo, ngokuba lokho
kuyakuba lugibe kuwe.

17 Uma uyakuthi enhliziyweni yakho: Lezi zizwe ziningi kunami;
ngingazixosha kanjani?

18ungazesabi, kodwa ukhumbule kahle lokho uJehova uNkulunkulu wakho
akwenza kuFaro nakulo lonke iGibithe:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19izilingo ezinkulu azibonayo amehlo akho, nezibonakaliso, nezimangaliso, nesandla esinamandla, nengalo eyeluliweyo uJehova uNkulunkulu wakho akukhipha ngakho; uyakwenza kanje uJehova uNkulunkulu wakho kuzo zonke izizwe ozesabayo.

20 Futhi uJehova uNkulunkulu wakho uyakuthuma iminyovu phakathi kwazo, kuze kuthi bona abaseleyo abazithukusayo baphele phambi kwakho.

21Ngalokho awuyikuzesaba, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uphakathi kwakho, uNkulunkulu omkhulu nowesabekayo.

22 UJehova uNkulunkulu wakho uyakuxosha lezo zizwe phambi kwakho kancane kancane, ungaziqedi masinyane, funa izilwane zasendle zande ngaphezu kwakho.

23Kepha uJehova uNkulunkulu wakho uyakuzinikela phambi kwakho, azingquzule ngokungquzula okukhulu, zize zichithwe.

24 Uyakuwanikela amakhosi azo esandleni sakho, wena uqede igama lawo phansi kwezulu; akuyikubakho muntu ongema phambi kwakho, uze uzichithe.

25 Izithombe ezibaziweyo zawonkulunkulu bazo niyakuzishisa ngomlilo; awuyikufisa isiliva noma igolide elikuzo, ungazithatheli lona, funa ucushwe ngalo, ngokuba kuyisinengiso kuJehova uNkulunkulu wakho;

26 awuyikungenisa isinengiso endlini yakho, ube yinto eqalekisiweyo njengaso; uyakusenyanya nokusenyanya, unengwe nokunengwa yiso, ngokuba kuyinto eqalekisiweyo.

## UDuteronomi 8

### Izenzo ezinhle zikaNkulunkulu ku-Israyeli ehlane. Isixwayiso ngokuziqhenya nangokungamesabi uNkulunkulu

1 Yonke imiyalo engikuyala ngayo namuhla niyakuyigcina niyenze ukuba niphile, nande, ningene ukulidla izwe uJehova alifungela oyihlo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Woyikhumbula yonke indlela uJehova uNkulunkulu wakho akuholile ngayo le minyaka engamashumi amane ehlane ukuba akuthobise, akuvivinye, azi okusenhliziyweni yakho, uma ubuyakuyigcina imiyalo yakhe noma qha.

3 Wakuthobisa-ke, wakulambisa, wakupha ukuba udle imana obungalazi, bebengalazi futhi oyihlo, ukuba akwazise ukuthi umuntu akaphili ngesinkwa sodwa; kepha ngakho konke okuphuma emlonyeni kaJehova, yikho umuntu aphila ngakho.

4 Izingubo zakho azikugugelanga, nonyawo lwakho aluvuvukalanga le minyaka engamashumi amane.

5 Wokwazi enhliziyweni yakho ukuthi njengalokhu umuntu elaya indodana yakhe, kanjalo uJehova uNkulunkulu wakho uyakulaya wena.

6 Woyigcina imiyalo kaJehova uNkulunkulu wakho, uhambe ezindleleni zakhe, umesabe.

7Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho useyakungenisa ezweni elihle, izwe elinemifudlana yamanzi, nemithombo, nezinzulu eziphuphuma ezigodini nasezintabeni,

8izwe likakolweni, nelebhali, nelemivini, nelemikhiwane, nelamapomegranati, izwe leminqumo enamafutha, nelezinyosi,

9 izwe lapho uyakudla khona isinkwa kungekho kuswela; awuyikudinga lutho; izwe elimatshe alo ayinsimbi, nelizintaba zalo ungemba kuzo ithusi.

10 Uyakudla usuthe, umbonge uJehova uNkulunkulu wakho ngezwe elihle akunike lona.

11Xwaya, funa ukhohlwe uJehova uNkulunkulu wakho ngokungagcini imiyalo yakhe, nezahlulelo zakhe, nezimiso zakhe engikuyala ngakho namuhla,

12funa lapho usudlile wasutha, nalapho usuwakhile izindlu ezinhle, wahlala kuzo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13kwandile izinkomo zakho nezimvu zakho, kwandile nesiliva lakho negolide lakho, kwandile konke onakho,

14inhliziyo yakho bese yiphakama, ukhohlwe uJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila,

15 wakuhola ehlane elikhulu nelesabekayo elinezinyoka ezinesihlungu nawofezela nomhlabathi owomileyo, lapho kwakungekho manzi khona; wakuvezela amanzi edwaleni lensengetsha;

16wakupha imana ehlane, oyihlo ababengalazi, ukuba akuthobise, akuvivinye, akwenzele okuhle ngasekugcineni,

17uze uthi enhliziyweni yakho: Amandla ami nezikhwepha zesandla sami kunginike le mfuyo.

18Kepha womkhumbula uJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba nguyena okupha amandla okuzuza imfuyo ukuba amise isivumelwano sakhe asifungela oyihlo njenganamuhla.

19 Kuyakuthi uma ukhohlwa uJehova uNkulunkulu wakho, ulandele abanye onkulunkulu, ubakhonze, ukhuleke kubo, ngiyanixwayisa namuhla ukuthi niyakubhubha nokubhubha.

20Njengezizwe uJehova azenza ukuba zibhubhe phambi kwenu, kanjalo niyakubhubha nani, ngokuba naningalilaleli izwi likaJehova uNkulunkulu wenu.

## UDuteronomi 9

### Ukungalaleli kuka-Israyeli ehlane

1 Yizwa, Israyeli: Wena uyakuwela iJordani namuhla, ungene udle izizwe ezinkulu nezinamandla kunawe, imizi emikhulu nebiyelwe kuze kube sezulwini,

2 abantu abakhulu nabade, amadodana ama-Anaki owaziyo, ozwile ngawo ukuthi: Ngubani ongema phambi kwamadodana ka-Anaki na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Yazi-ke namuhla ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho unguye owela
ngaphambi kwakho njengomlilo oqedayo; uyakubachitha, abanqobe, wena
ubaxoshe, ubabhubhise masinyane, njengalokho ebekhuluma kuwe uJehova.

4 Ungakhulumi enhliziyweni yakho, uJehova uNkulunkulu wakho
esebaxoshile ngaphambi kwakho, ngokuthi: Ngenxa yokulunga kwami
uJehova ungingenisile ukuba ngidle leli zwe, ingani kungenxa yobubi balezo
zizwe uJehova azixosha phambi kwakho.

5 Akungokulunga kwakho noma ngobuqotho benhliziyo yakho ungena ulidle
izwe lazo, kepha kungobubi balezo zizwe uJehova uNkulunkulu wakho
azixosha phambi kwakho nangokuba eyakuliqinisa izwi uJehova alifungela
oyihlo, o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe.

6 Yazi-ke uJehova uNkulunkulu wakho akakuniki leli zwe elihle ukuba ulidle
ngenxa yokulunga kwakho, ngokuba uyisizwe esintamo ilukhuni.

7 Khumbula, ungakhohlwa ukuthi wamthukuthelisa uJehova uNkulunkulu
wakho ehlane; kusukela osukwini owaphuma ngalo ezweni laseGibithe waze
wafika kule ndawo nanizinge nihlubuka kuJehova.

8 NaseHorebe namthukuthelisa uJehova, uJehova wanithukuthelela ukuba
anibhubhise.

9 Lapho sengikhuphukele entabeni ukuba ngamukele izibhebhe zamatshe,
izibhebhe zesivumelwano uJehova asenza nani, ngahlala entabeni izinsuku
ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane; angidlanga
sinkwa, angiphuzanga manzi.

10 UJehova wanginika lezo zibhebhe ezimbili zamatshe, zilotshwe ngomunwe
kaNkulunkulu; kwakulotshwe kuzona njengamazwi onke uJehova
awakhuluma kini entabeni, ephakathi komlilo ngosuku lokuhlangana.

11 Kwathi ngasekupheleni kwezinsuku ezingamashumi amane nobusuku
obungamashumi amane uJehova wanginika izibhebhe zombili zamatshe,
izibhebhe zesivumelwano.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 UJehova wathi kimi: Vuka wehle lapha masinyane, ngokuba abantu bakho owabakhipha eGibithe bonile, baphambukile masinyane endleleni engabayala ngayo; bazenzele isithombe esibunjiweyo.

13 UJehova wabuye wakhuluma kimi, wathi: Ngibabonile laba bantu; bheka, bangabantu abantamo ilukhuni;

14 ngiyeke ukuba ngibabhubhise, ngesule igama labo phansi kwezulu, ngenze wena ube yisizwe esinamandla nesikhulu kunabo.

15 Ngase ngiphenduka ngehla entabeni, intaba yavutha umlilo; izibhebhe zombili zesivumelwano zazisezandleni zami zombili.

16 Ngase ngibheka, ngabona ukuthi nanonile kuJehova; nanizenzele ithole elibunjiweyo; naniphambukile masinyane endleleni uJehova abeniyale ngayo.

17 Ngathatha-ke izibhebhe zombili, ngazilahla ezandleni zami zombili, ngazaphula phambi kwamehlo enu.

18 Ngawela phansi phambi kukaJehova njengakuqala izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane; angidlanga sinkwa, angiphuzanga manzi ngenxa yaso sonke isono senu enona ngaso ngokwenza okubi emehlweni kaJehova ukuba nimthukuthelise.

19 Ngokuba ngangesaba intukuthelo nolaka uJehova anithukuthelela ngakho ukuba anibhubhise, kepha uJehova wangizwa nangaleso sikhathi.

20 UJehova wathukuthelela kakhulu u-Aroni ukuba ambhubhise; ngamkhulekela u-Aroni ngaleso sikhathi.

21 Ngase ngithatha isono senu, ithole enanilenzile, ngalishisa ngomlilo, ngaligxoba, ngaligayisisa laze laba njengothuli, ngaphonsa uthuli lwalo emfudlaneni owehla entabeni.

22 EThabehera naseMasa naseKibiroti Hathawa namthukuthelisa uJehova.

23 Nalapho uJehova enithuma, nisuka eKadeshi Barineya, ngokuthi: Khuphukani, nilidle izwe engininike lona, nahlubuka ezwini likaJehova uNkulunkulu wenu, anikholwanga nguye, analalela izwi lakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Nimhlubukile uJehova kusukela osukwini enganiqabuka ngalo.

25 Ngawela phansi phambi kukaJehova lezo zinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane engawa ngazo, ngokuba uJehova wayeshilo ukuthi uyakunibhubhisa.

26Ngakhuleka kuJehova, ngathi: Jehova Nkulunkulu, ungabhubhisi abantu bakho nefa lakho olihlengile ngobukhulu bakho, walikhipha eGibithe ngesandla esinamandla.

27Khumbula izinceku zakho o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe, ungabheki inkani yalaba bantu, nabubi babo, nasono sabo,

28 funa izwe owasikhipha kulo lithi: Lokhu uJehova wayengenamandla okubangenisa ezweni abathembise lona nangokuba wabazonda, ubakhiphile ukuba ababulale ehlane.

29Nokho bangabantu bakho nefa lakho owalikhipha ngamandla akho amakhulu nangengalo yakho eyeluliweyo.

## UDuteronomi 10

### Izibhebhe ezintsha zamatshe

1 Ngaleso sikhathi uJehova wathi kimi: Zibazele izibhebhe ezimbili zamatshe njengezokuqala, ukhuphukele kimi entabeni, uzenzele umphongolo womuthi.

2 Ngiyakuloba ezibhebheni amazwi ayesezibhebheni zokuqala owazaphula, uzifake emphongolweni.

3 Ngase ngenza-ke umphongolo womuthi womtholo, ngabaza izibhebhe ezimbili zamatshe njengezokuqala, ngakhuphukela entabeni nginezibhebhe zombili esandleni sami.

4Waloba ezibhebheni njengokulotshwa kokuqala imiyalelo eyishumi uJehova ayikhulumayo kini entabeni, ephakathi komlilo ngosuku lokuhlangana; uJehova wanginika zona.

5Ngase ngiphenduka ngehla entabeni, ngazifaka izibhebhe emphongolweni engiwenzile; zikhona lapho, njengalokho uJehova ebengiyala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

### Ukufa kuka-Aroni

6 Abantwana bakwa-Israyeli basuka eBeyeroti Bene Jahakani, bafika eMosera; u-Aroni wafela khona, wembelwa khona; u-Eleyazare indodana yakhe wakhonza ebupristini esikhundleni sakhe.

7 Basuka lapho, baya eGudigoda; basuka eGudigoda baya eJothabata, izwe lemifudlana yamanzi.

### Ukwahlukaniswa kwamaLevi

8 Ngaleso sikhathi uJehova wahlukanisa isizwe sakwaLevi ukuba sithwale umphongolo wesivumelwano sikaJehova, sime phambi kukaJehova ukumkhonza nokubusisa egameni lakhe, kuze kube namuhla.

9 Ngalokho uLevi akanasabelo noma ifa kanye nabafowabo; uJehova uyifa lakhe njengokukhuluma kukaJehova uNkulunkulu wakho kuye.

10 Ngahlala entabeni njengakuqala izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane; uJehova wangilalela nangaleso sikhathi, akanibhubhisanga.

11 UJehova wayesethi kimi: Vuka uhambe phambi kwabantu; bayakungena, balidle izwe engalifungela oyise ukubanika lona.

### Isiyalezo sokulalela imiyalo kaJehova

12 Manje-ke, Israyeli, uJehova uNkulunkulu wakho ufunani kuwe ngaphandle kokuba umesabe uJehova uNkulunkulu wakho, uhambe ngezindlela zakhe zonke, umthande, umkhonze uJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho,

13 ugcine imiyalo kaJehova nezimiso zakhe engakuyala ngakho ngalolo suku ukuba kube kuhle kuwe, na?

14 Bheka, izulu nezulu lamazulu lingelikaJehova uNkulunkulu wakho, nomhlaba nakho konke okukuwo.

15 Nokho uJehova wanamathela koyihlo, wabathanda, wakhetha inzalo yabo emva kwabo, yebo, nina ngaphezu kwabantu bonke, njenganamuhla.

16 Ngalokho sokani ijwabu lezinhliziyo zenu, ningabe nisaba ntamo ilukhuni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu unguNkulunkulu wawonkulunkulu, neNkosi yamakhosi, uNkulunkulu omkhulu onamandla nowesabekayo, ongakhethi buso bamuntu, nongamukeli mvuzo.

18 Uyenza ukwahlulela kwezintandane nokomfelokazi, uyathanda umfokazi ngokumnika ukudla nezingubo.

19 Thandani-ke umfokazi, ngokuba naningabafokazi ezweni laseGibithe.

20 Womesaba uJehova uNkulunkulu wakho, umkhonze, unamathele kuye, ufunge igama lakhe.

21 Uludumo lwakho, unguNkulunkulu wakho okwenzele lezi zinto ezinkulu nezesabekayo azibonileyo amehlo akho.

22 Oyihlo behla, baya eGibithe bengabantu abangamashumi ayisikhombisa; manje uJehova uNkulunkulu wakho ukwenzile ube ngangezinkanyezi zezulu ngobuningi.

## UDuteronomi 11

### Ukuqhubeka kwesiyalezo sokulalela imiyalo kaJehova

1 Ngalokho wothanda uJehova uNkulunkulu wakho, ugcine imfanelo yakhe, nezimiso zakhe, nezahlulelo zakhe, nemiyalo yakhe izinsuku zonke.

2 Yazini namuhla ngokuba angikhulumi kubantwana benu abangazanga nabangabonanga ukulaya kukaJehova uNkulunkulu wenu ubukhulu bakhe, nesandla sakhe esinamandla, nengalo yakhe eyeluliweyo,

3 nezibonakaliso zakhe, nezenzo zakhe owazenza phakathi kweGibithe kuFaro inkosi yaseGibithe nakulo lonke izwe lakhe,

4 nowakwenzayo kuyo impi yaseGibithe, nakuwo amahhashi abo, nakuzo izinqola zabo, nokwenza kwakhe ukuba amanzi oLwandle Olubomvu abaminzise ekunixosheni kwabo, nokubabhubhisa kukaJehova kuze kube namuhla,

5 nowakwenzayo kuwe ehlane naze nafika kule ndawo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 nowakwenzayo kuDathani naku-Abiramu amadodana ka-Eliyabe kaRubeni ukuthi umhlaba wavula umlomo wawo, wabagwinya nabendlu yabo, namatende abo, nayo yonke imfuyo eyabalandelayo phakathi kwabo bonke abakwa-Israyeli.

7Ngokuba amehlo enu abonile zonke izenzo ezinkulu zikaJehova azenzileyo.

8 Ngalokho niyakugcina yonke imiyalo engikuyala ngayo namuhla ukuba nibe namandla, ningene nilidle izwe eniwela ukuya kulo ukulidla,

9nokuba nandise izinsuku zenu ezweni uJehova alifungela oyihlo ukubanika lona nenzalo yabo, izwe elivame ubisi nezinyosi.

10Ngokuba izwe ongena kulo ukulidla alinjengezwe laseGibithe enaphuma kulo, lapho wahlwanyela khona imbewu yakho, wayinisela ngonyawo lwakho njengesivande semifino,

11 kepha izwe eniya kulo ukulidla liyizwe lezintaba nelezigodi, liphuza amanzi emvula yezulu,

12izwe elinakekelwa nguJehova uNkulunkulu wakho; amehlo kaJehova uNkulunkulu wakho akulo njalo, kusukela ekuqaleni komnyaka kuze kube sekupheleni komnyaka.

13 Kuyakuthi uma nilalela nokulalela imiyalo yami enginiyala ngayo namuhla ukuba nimthande uJehova uNkulunkulu wenu, nimkhonze ngayo yonke inhliziyo yenu nangawo wonke umphefumulo wenu,

14ngiyakuninika imvula yezwe lakini ngesikhathi sayo, imvula yokuqala nemvula yamuva, ukuba ubuthe amabele akho, newayini lakho, namafutha akho.

15Ngiyakunika izinkomo zakho utshani emadlelweni akho; uyakudla, usuthe.

16 Xwayani funa inhliziyo ikhohliswe, niphambuke, nikhonze abanye onkulunkulu, nikhuleke kubo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 intukuthelo kaJehova inivuthele, avale izulu, ukuze kungabikho mvula, izwe lingabe lisathela izithelo zalo, niphele masinyane ezweni elihle uJehova aninika lona.

18Niyakuwabeka lawa mazwi ami enhliziyweni yenu nasemphefumulweni wenu, niwabophe abe luphawu esandleni senu, abe yisikhumbuzo phakathi kwamehlo enu.

19 Niyakuwafundisa abantwana benu, ukhulume ngawo, lapho uhlezi endlini yakho, nalapho uhamba endleleni, nalapho ulala, nalapho uvuka.

20Uyakuwaloba ezinsikeni zomnyango wendlu yakho nasemasangweni akho

21ukuba zandiswe izinsuku zakho nezinsuku zabantwana benu ezweni uJehova alifungela oyihlo ukubanika lona, njengezinsuku zezulu phezu komhlaba.

22 Ngokuba uma nigcina nokugcina yonke le miyalo enginiyala ngayo ukuba niyenze, nimthande uJehova uNkulunkulu wenu, nihambe ngazo zonke izindlela zakhe, ninamathele kuye,

23uJehova uyakuzixosha zonke lezi zizwe phambi kwenu, nizidle izizwe ezinkulu nezinamandla kunani.

24 Yonke indawo lapho amathe onyawo lwakho eyakunyathela khona iyakuba ngeyenu, kusukela ehlane naseLebanoni naseMfuleni, umfula u-Ewufrathe, kuze kube selwandle olungasemuva, lube ngumkhawulo wenu.

25 Akuyikubakho muntu ongema phambi kwenu; uJehova uNkulunkulu wenu uyakubeka ingebhe novalo ngani ezweni lonke eniyakunyathela kulo, njengalokho akhuluma kini.

26 Bheka, ngibeka phambi kwakho namuhla isibusiso nesiqalekiso,

27isibusiso, uma niyilalela imiyalo kaJehova uNkulunkulu wenu enginiyala ngayo namuhla,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28 nesiqalekiso, uma ningayilaleli imiyalo kaJehova uNkulunkulu wenu, kepha niphambuka endleleni enginiyala ngayo namuhla, ukulandela abanye onkulunkulu eningabaziyo.

29 Kuyakuthi lapho uJehova uNkulunkulu wakho eyakukungenisa ezweni oya kulo ukulidla, usibeke isibusiso entabeni yaseGerizimu nesiqalekiso entabeni yase-Ebali.

30 Angithi ziphesheya kweJordani ngalaphaya kwendlela yasentshonalanga ezweni lamaKhanani ahlala e-Araba, malungana neGiligali ngaseceleni kwama-oki aseMore na?

31Ngokuba niyakuwela iJordani, ningene ukulidla izwe uJehova uNkulunkulu wenu aninika lona, nilidle, nihlale kulo.

32Niyakugcina ukuzenza zonke izimiso nezahlulelo engizibeka phambi kwenu namuhla.

## UDuteronomi 12

### Ukumkhonza uJehova kumelwe ukuba kube sendaweni eyodwa

1 Lezi ziyizimiso nezahlulelo eniyakugcina ukuzenza ezweni uJehova uNkulunkulu wawoyihlo akunike lona ukuba ulidle zonke izinsuku zokuphila kwenu emhlabeni.

2Niyakuchitha nokuchitha zonke izindawo, lapho izizwe eniyakuzidla zazikhonza khona onkulunkulu bazo ezintabeni eziphakemeyo, nasemadulini, naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza,

3niwadilize ama-altare azo, niziphohloze izinsika zazo, nibashise o-Ashera bazo ngomlilo, nizinqume izithombe ezibaziweyo zawonkulunkulu bazo, nesule igama lazo kuleyo ndawo.

4 Nina aniyikwenze njalo kuJehova uNkulunkulu wenu.

5 Kodwa indawo uJehova uNkulunkulu wenu ayakuyikhetha kuzo zonke izizwe zenu ukuba abeke igama lakhe kuyo, leyo ndlu yakhe niyakuyifuna, nize kuyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6nilethe khona iminikelo yenu yokushiswa, nemihlatshelo yenu, nokweshumi
kwenu, nomnikelo wenu wokuphakanyiswa wesandla senu, nezithembiso
zenu, neminikelo yenu yesihle, namazibulo ezinkomo zenu nawezimvu zenu,

7nidle khona phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu, nename kukho konke
enibeka kukho isandla senu, nina nabendlu yenu, uJehova uNkulunkulu
wakho akubusise ngakho.

8 Aniyikwenza njengezinto zonke esizenzayo lapha namuhla, kube yilowo
nalowo njengokulungile emehlweni akhe,

9ngokuba anikafiki ekuphumuleni nasefeni uJehova uNkulunkulu wakho
akunika lona.

10Kepha lapho niwela iJordani, nihlale ezweni uJehova uNkulunkulu wenu
aninika lona libe yifa lenu, aniphumuze ezitheni zenu zonke nxazonke ukuba
nihlale nilondekile,

11kuyakuthi kuleyo ndawo uJehova uNkulunkulu wenu ayakuyikhetha ukuba
kuhlale khona igama lakhe, niyise lapho konke enginiyala ngakho: iminikelo
yenu yokushiswa, nemihlatshelo yenu, nokweshumi kwenu, nomnikelo
wokuphakanyiswa wesandla senu, nezithembiso zenu ezikhethiweyo
enizethembisa kuJehova;

12 niyakwenama phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu, nina namadodana
enu, namadodakazi enu, nezinceku zenu, nezincekukazi zenu, nomLevi
ophakathi kwamasango enu, lokhu engenasabelo nafa kini.

13Xwaya ukuba unganikeli ngeminikelo yakho yokushiswa ezindaweni zonke
ozibonayo,

14kepha kuleyo ndawo uJehova ayakuyikhetha kwesinye sezizwe zakho,
uyakunikela lapho ngeminikelo yakho yokushiswa, wenze khona konke
engikuyala ngakho.

15 Nokho ungahlaba, udle inyama ngaphakathi kwawo onke amasango akho
njengesifiso somphefumulo wakho nanjengesibusiso sikaJehova uNkulunkulu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

wakho akuphe sona; ongcolileyo nohlambulukileyo bangadla kukho njengokwensephe nokwendluzele.

16 Kuphela igazi aniyikulidla; uyakulithulula emhlabeni njengamanzi.

17Ungekudle ngaphakathi kwamasango akho okweshumi kwamabele akho, noma okwewayini lakho, noma okwamafutha akho, noma okwamazibulo ezinkomo zakho, noma awezimvu zakho, noma izithembiso zakho ozenzayo, noma iminikelo yakho yesihle, noma umnikelo wokuphakanyiswa wesandla sakho,

18kepha ukudle phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho kuleyo ndawo ayakuyikhetha uJehova uNkulunkulu wakho, wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nomLevi ophakathi kwamasango akho, wename phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho kukho konke obeka kukho isandla sakho.

19 Xwaya ukuba ungameyisi umLevi isikhathi sonke sokuhlala kwakho ezweni lakho.

20 Lapho uJehova uNkulunkulu wakho eyakwandisa umkhawulo wakho njengokukwethembisa kwakhe, uze uthi: Ngiyakudla inyama, lokhu umphefumulo wakho ufisa ukudla inyama, ungayidla inyama njengesifiso sonke somphefumulo wakho.

21Uma indawo uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha ukuba abeke kuyo igama lakhe ikude nawe, uyakuhlaba emhlambini wakho nasezimvini zakho akunike khona uJehova, njengalokho ngakuyala, udle phakathi kwamasango akho njengesifiso somphefumulo wakho.

22Njengalokhu kudliwa insephe nendluzele, uyakukudla kanjalo; ongcolileyo nohlambulukileyo bayakudla ngokufananayo.

23 Qaphela kuphela ukuba ungalidli igazi, ngokuba igazi lingumphefumulo; awuyikuwudla umphefumulo kanye nenyama.

24Ungalidli; lithulule emhlabeni njengamanzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Ungalidli ukuba kube kuhle nakubantwana bakho emva kwakho, lapho wenza okulungile emehlweni kaJehova.

26 Izinto zakho ezingcwele onazo nezithembiso zakho wozithatha, uye endaweni ayakuyikhetha uJehova,

27unikele ngeminikelo yakho yokushiswa, inyama negazi, e-altare likaJehova uNkulunkulu wakho, igazi lemihlatshelo yakho lithululwe phezu kwe-altare likaJehova uNkulunkulu wakho, wena uyidle inyama.

28Qaphela, uzwe onke lawa mazwi engikuyala ngawo ukuba kube kuhle kuwe nakubantwana bakho emva kwakho kuze kube phakade, lapho wenza okuhle nokulungile emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakho.

29 Nxa uJehova uNkulunkulu wakho eyakuzinquma izizwe ngaphambi kwakho, lapho ungena khona ukuzidla, nanxa usuzidlile wahlala ezweni lakubo,

30 xwaya ukuba ungacushwa ukuzilandela sezichithiwe phambi kwakho, ungabuzi ngawonkulunkulu bazo, uthi: Lezi zizwe zikhonza kanjani onkulunkulu bazo na? Nami ngiyakwenza kanjalo.

31Awuyikwenze njalo kuJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba zenzile konkulunkulu bazo konke okuyisinengiso kuJehova akuzondayo, lokhu ziwashisela ngomlilo onkulunkulu bazo amadodana azo namadodakazi azo.

32 Konke enginiyala ngakho, anoqaphela ukuba nikwenze; awuyikuthasisela kukho, futhi ungakunciphisi.

## UDuteronomi 13

### Isixwayiso ngababaprofethi bamanga nokukhonza izithixo

1 Uma kuvuka phakathi kwakho umprofethi, noma umphuphi wamaphupho, akunike isibonakaliso nesimangaliso,

2isibonakaliso noma isimangaliso akhulume ngaso kuwe besesenzeka, athi: Masilandele abanye onkulunkulu ongabaziyo, sibakhonze,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3awuyikulalela amazwi alowo mprofethi, noma lowo mphuphi wamaphupho, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uyakulinga ukuba azi ukuthi uyathanda yini uJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho nangawo wonke umphefumulo wakho na?

4Niyakuhamba emva kukaJehova uNkulunkulu wenu, nimesabe, niyigcine imiyalo yakhe, nililalele izwi lakhe, nimkhonze, ninamathele kuye.

5 Lowo mprofethi noma lowo mphuphi wamaphupho wobulawa, ngokuba ukhulumile okunihlubukisa uJehova uNkulunkulu wenu owanikhipha ezweni laseGibithe, wakuhlenga endlini yobugqila, ukuba akuphambukise endleleni uJehova uNkulunkulu wakho akuyala ukuba uhambe ngayo. Uyakukhipha kanjalo ububi phakathi kwakho.

6 Uma umfowenu, indodana yakho, noma indodakazi yakho, noma umkakho osesifubeni sakho, noma umngane wakho onjengomphefumulo wakho ekuyenga ngasese, ethi: Masiye ukukhonza abanye onkulunkulu ongabaziyo, wena nawoyihlo,

7onkulunkulu babantu abakuzungezayo, beseduze nawe noma bekude nawe, kusukela kolunye uhlangothi lomhlaba kuze kufike kolunye uhlangothi lomhlaba,

8awuyikumvumela, ungamlaleli; iso lakho aliyikumhawukela, ungamyeki, ungamfihli,

9kepha wombulala impela; isandla sakho siyakuba phezu kwakhe kuqala ukumbulala, ngasemuva isandla sabantu bonke.

10Uyakumkhanda ngamatshe ukuba afe, ngokuba uzamile ukukuhlubukisa uJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila.

11 U-Israyeli wonke uyakuzwa, esabe, angabe esabenza ububi obunjalo njengalobo obuphakathi kwakho.

12 Uma uyakuzwa ngomunye wemizi yakho uJehova uNkulunkulu wakho akupha wona ukuba wakhe kuwo, kuthiwa:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

13Abantu abathile abonakeleyo baphumile phakathi kwakho, bahlubukisile abomuzi wabo ngokuthi: Masiye sikhonze abanye onkulunkulu eningabaziyo,

14wobuza, uphenye, ubuzisise; bheka, uma kuyiqiniso, leyo nto iqinisekile ukuthi isinengiso esinjalo senziwe phakathi kwakho,

15woshaya nokushaya abantu balowo muzi ngosiko lwenkemba, uwuchithe impela, nakho konke okuphakathi kwawo, nezinkomo zawo, ngosiko lwenkemba.

16Uyakuyibuthela yonke impango yawo phakathi nesigcawu sawo, uwushise umuzi ngomlilo, nayo yonke impango yawo, ibe ngumnikelo oshiswa wonke kuJehova uNkulunkulu wakho, ube yinxiwa njalo, ungabe usakhiwa futhi.

17Akuyikunamathela lutho lokuqalekisiweyo esandleni sakho ukuba uJehova aphenduke entukuthelweni yakhe evuthayo, akuphathe ngomusa, abe nesihe kuwe, akwandise, njengalokho afunga koyihlo,

18nxa ulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho ukuba ugcine yonke imiyalo yakhe engikuyala ngayo namuhla, wenze okulungile emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakho.

## UDuteronomi 14

### Izilwane ezihlambulukileyo nezingcolileyo

1 Ningabantwana bakaJehova uNkulunkulu wenu; aniyikuzisika, ningaziphuculi phezu kwamehlo enu ngenxa yabafileyo.

2 Ngokuba ningabantu abangcwele kuJehova uNkulunkulu wenu; uJehova unikhethile nibe yisizwe senzuzo yakhe ngaphezu kwezizwe zonke ezisebusweni bomhlaba.

3 Ungadli into enengekayo.

4 Nazi izilwane eningazidla: inkomo, nemvu, nembuzi,

5nendluzele, nensephe, nenxala, nempala, nempalampala, newula, negogo.

6Ningadla nezilwane ezahlukanisa inselo, ezidabula inselo kabili, ezetshisayo kuzo izilwane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Nokho lezi aniyikuzidla kwezetshisayo nakuzo ezidabula inselo: ikamela, nonogwaja, nembila, ngokuba ziyetshisa, zingahlukanisi kodwa inselo; zingcolile kini;

8 nengulube, ngokuba iyahlukanisa inselo, ingetshisi kodwa; ingcolile kini; aniyikuyidla inyama yazo, ningathinti izidumbu zazo.

9 Lezi ningazidla kuzo zonke ezisemanzini: zonke ezinamaphiko nezingcwecwe;

10 zonke ezingenamaphiko nazingcwecwe ningezidle; zingcolile kini.

11 Ningadla kuzo zonke izinyoni ezihlambulukileyo.

12 Kodwa yilezi eningayikudla kuzo: ukhozi, nenqe, nengqungqulu,

13 nesiphungumangathi, noheshe, nonhloyile ngezinhlobo zakhe,

14 nawo onke amagwababa ngezinhlobo zawo,

15 nentshe, nenkovana, nenkanku, noklebe ngezinhlobo zakhe,

16 nesikhova, nomxwagele, nefukezi,

17 nevuba, nophalane, nomphishamanzi,

18 nonogolantethe, nonozalizingwenya ngezinhlobo zakhe, noziningweni, nelulwane.

19 Nezilwanyana zonke ezinamaphiko zingcolile kini: azinakudliwa.

20 Kepha ezinyonini zonke ezihlambulukileyo ningadla.

21 Aniyikudla lutho lwengcuba; ungamnika umfokazi ophakathi kwamasango akho ukuba akudle, noma uthengise ngakho kowezizwe, ngokuba wena uyisizwe esingcwele kuJehova uNkulunkulu wakho. Awuyikupheka izinyane lembuzi obisini lukanina.

### Okweshumi

22 Uyakunikela ngokweshumi kwazo zonke izithelo zembewu yakho, lokho okuvela ensimini iminyaka ngeminyaka,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 ukudle phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho endaweni ayakuyikhetha yena ukuba igama lakhe lihlale kuyo, okweshumi kwamabele akho, nokwewayini lakho, nokwamafutha akho, nokwamazibulo ezinkomo zakho, nokwawezimvu zakho, ukuba ufunde ukumesaba uJehova uNkulunkulu wakho njalo.

24Uma indlela ikude nawe, ungenamandla okukuthwala, ngokuba ikude kakhulu nawe indawo uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha ukuba alibeke kuyo igama lakhe, lapho uJehova uNkulunkulu wakho ekubusisa,

25uyakukwenana ngemali, uyisonge imali esandleni sakho, uye endaweni uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha,

26uthenge ngaleyo mali noma intoni umphefumulo wakho oyithandayo, izinkabi, noma izimvu, noma iwayini, noma uphuzo olunamandla, noma intoni umphefumulo wakho oyifunayo, udle khona phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho, wename, wena nabendlu yakho;

27 nomLevi ophakathi kwamasango akho awuyikumeyisa, ngokuba akanasabelo nafa nawe.

28 Ngasekugcineni kweminyaka emithathu njalo uyakukhipha konke okweshumi kwezithelo zakho ngawona lowo mnyaka, ukubekelele phakathi kwamasango akho;

29 nomLevi, lokhu engenasabelo nafa nawe, nomfokazi, nentandane, nomfelokazi, abangaphakathi kwamasango akho, bayakuza, badle, basuthe ukuba uJehova uNkulunkulu wakho akubusise emsebenzini wonke wesandla sakho owenzayo.

## UDuteronomi 15

### Umnyaka woyekelo

1 Ngasekugcineni kweminyaka eyisikhombisa njalo uyakwenza uyekelo.

2Nansi indlela yoyekelo: Yilowo nalowo otshelekileyo uyakuyekela lokho akutshelekile umakhelwane wakhe; akayikukubiza kumakhelwane wakhe nakumfowabo, ngokuba uyekelo lukaJehova lumenyezelwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Kowezizwe ungakubiza, kepha noma yikuphi okwakho okukumfowenu, lokho isandla sakho siyakukuyekela.

4 Nokho ngabe kungabikho abampofu kuwe, ngokuba uJehova uyakukubusisa nokukubusisa ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona libe yifa lakho ukuba ulidle,

5 uma ulalela nokulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho kuphela, ugcine ukwenza yonke le miyalo engikuyala ngayo namuhla.

6 Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uyakukubusisa njengokukwethembisa kwakhe, utsheleke izizwe eziningi, kepha ungatsheleki lutho kuzo; uyakubusa izizwe eziningi, kepha zona aziyikukubusa wena.

7 Uma kukhona kuwe ompofu, omunye wabafowenu, phakathi kwelithile lamasango ezweni lakini uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, awuyikuyenza lukhuni inhliziyo yakho, ungamvaleli umfowenu ompofu isandla sakho,

8 kepha umvulele nokumvulela isandla sakho, umtsheleke impela okwanele ukudinga kwakhe akuswelayo.

9 Xwaya ukuba kungabikho mcabango omubi enhliziyweni yakho ngokuthi: Umnyaka wesikhombisa, umnyaka woyekelo, ususeduze; iso lakho beseliba libi kumfowenu ompofu, ungamniki lutho, abesekhala kuJehova ngawe, kube yisono sakho.

10 Womnika nokumnika, inhliziyo yakho ingakhathazeki lapho umnika, ngokuba ngenxa yalokho uJehova uNkulunkulu wakho uyakukubusisa emsebenzini wakho wonke nakukho konke obeka kukho isandla sakho.

11 Ngokuba ompofu akasoze aphela ezweni; ngakho-ke ngiyakuyala ngithi: Womvulela nokumvulela umfowenu isandla sakho, abaswelayo bakho nabampofu bakho ezweni lakini.

12 Uma umfowenu, umHeberu noma umHeberukazi, ethengiswa kuwe, akukhonze iminyaka eyisithupha, ngomnyaka wesikhombisa uyakumyekela ukuba ahambe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

13Nxa umyekela ukuba ahambe, awuyikummukisa ze.

14Uyakumthwesa nokumthwesa ngezimvu zakho, nangokwesibuya sakho, nangokwesikhamo sakho sewayini; njengalokho uJehova uNkulunkulu wakho ekubusisile, kanjalo womnika yena.

15Uyakukhumbula ukuthi wawuyisigqila ezweni laseGibithe nokuthi uJehova uNkulunkulu wakho wakuhlenga; ngalokho ngiyakuyala ngale nto namuhla.

16 Kuyakuthi uma ethi kuwe: Angiyikusuka kuwe, lokhu ekuthanda wena nendlu yakho, ngokuba ehlala kahle kuwe,

17uyakuthatha usungulo, ubhobozele indlebe yakhe emnyango, abeseba yinceku yakho kuze kube phakade. Nakuyo incekukazi yakho uyakwenze njalo.

18 Makungabi lukhuni emehlweni akho lapho umyekela ukuba ahambe, ngokuba ukukhonzile iminyaka eyisithupha ngenxenye yemali yomqashwa; uJehova uNkulunkulu wakho uyakukubusisa kukho konke okwenzayo.

### Amazibulo ezinkomo

19 Onke amazibulo amaduna azalwa ezinkomeni zakho nasezimvini zakho wowangcwelisela uJehova uNkulunkulu wakho; awuyikusebenza ngezibulo lezinkomo zakho, ungaligundi izibulo lezimvu zakho.

20Uyakulidla phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho iminyaka ngeminyaka endaweni uJehova ayakuyikhetha, wena nabendlu yakho.

21 Uma linesici, liqhuga, noma liyimpumputhe, noma yisiphi isici, awuyikunikela ngalo kuJehova uNkulunkulu wakho.

22Uyakulidla phakathi kwamasango akho, ongcolileyo nohlambulukileyo ngokufananayo, njengensephe nendluzele.

23 Kuphela igazi lalo awuyikulidla; lithululele emhlabathini njengamanzi.

## UDuteronomi 16

### Imikhosi emithathu emikhulu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Gcina inyanga ka-Abibi, nilenze iphasika likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba ngenyanga ka-Abibi uJehova uNkulunkulu wakho wakukhipha eGibithe ebusuku.

2 Uyakunikela ngephasika kuJehova uNkulunkulu wakho ezimvini nasezinkomeni endaweni uJehova ayakuyikhetha ukuba kuhlale igama lakhe kuyo.

3 Awuyikudla sinkwa esivutshelweyo kanye nalo; izinsuku eziyisikhombisa uyakudla isinkwa esingenamvubelo kanye nalo, isinkwa senhlupheko, ngokuba waphuma ezweni laseGibithe ngokunonopha ukuba ulukhumbule usuku owaphuma ngalo ezweni laseGibithe zonke izinsuku zokuhamba kwakho.

4 Akuyikubonakala mvubelo kuwe emikhawulweni yakho yonke izinsuku eziyisikhombisa; futhi akuyikusala nyama oyihlabile ngosuku lokuqala kusihlwa ubusuku bonke kuze kuse.

5 Awunakuhlaba iphasika phakathi kwamasango akho uJehova uNkulunkulu wakho akunika wona;

6 kepha endaweni ayakuyikhetha uJehova uNkulunkulu wakho ukuba igama lakhe lihlale kuyo, lapho uyakuhlaba iphasika kusihlwa ekushoneni kwelanga, ngesikhathi owaphuma ngaso eGibithe.

7 Uyakulipheka, ulidle endaweni uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha, uphenduke ekuseni, uye ematendeni akho.

8 Izinsuku eziyisithupha uyakudla isinkwa esingenamvubelo, ngosuku lwesikhombisa kube ngumhlangano ozothileyo kuJehova uNkulunkulu wakho; ungasebenzi msebenzi.

9 Wozibalela amasonto ayisikhombisa; kusukela esikhathini oqala ngaso ukubeka isikela ezinhlangeni zamabele woqala ukubala amasonto ayisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

10Uyakugcina umkhosi wamasonto kuJehova uNkulunkulu wakho ngesipho somnikelo wesihle wesandla sakho, oyakusinika njengokubusisa kukaJehova uNkulunkulu wakho,

11wename phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho, wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nomLevi ophakathi kwamasango akho, nomfokazi, nentandane, nomfelokazi abaphakathi kwakho endaweni uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha ukuba igama lakhe lihlale kuyo.

12Wokhumbula ukuthi wawuyisigqila eGibithe, ugcine, uzenze lezi zimiso.

13 Wogcina umkhosi wamadokodo izinsuku eziyisikhombisa emva kokuba usubuthile okwesibuya sakho nokwesikhamo sakho sewayini,

14wename ngomkhosi wakho, wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nomLevi, nomfokazi, nentandane, nomfelokazi abaphakathi kwamasango akho.

15Izinsuku eziyisikhombisa uyakumgcinela uJehova uNkulunkulu wakho umkhosi endaweni uJehova ayakuyikhetha, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uyakukubusisa kuzo zonke izithelo zakho nasemsebenzini wonke wezandla zakho, uthokoze kakhulu.

16 Kathathu ngomnyaka bonke abesilisa bakho bayakubonakala phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho endaweni ayakuyikhetha: ngomkhosi wesinkwa esingenamvubelo, nangomkhosi wamasonto, nangomkhosi wamadokodo; bangabonakali phambi kukaJehova bengenalutho;

17yilowo nalowo uyakunika njengamandla akhe, ngokwesibusiso uJehova uNkulunkulu wakho akunike sona.

### Abahluleli

18 Uyakuzikhethela abahluleli nezinduna emasangweni akho onke uJehova uNkulunkulu wakho akunika wona njengezizwe zakho; bayakwahlulela abantu babo ngokwahlulela okulungileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Awuyikuphendukezela isahlulelo, ungakhethi ubuso bamuntu, ungafunjathiswa isipho, ngokuba isipho siphuphuthekisa amehlo ohlakaniphileyo, siphendukezela amazwi olungileyo.

20Uyakulandela ukulunga okuyikho ukuba uphile, ulidle izwe uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.

**O-Ashera nezinsika**

21 Ungazitshaleli u-Ashera womuthi noma owaluphi uhlobo ngaseceleni kwe-altare likaJehova uNkulunkulu wakho oyakuzenzela lona.

22Ungazimiseli nansika uJehova uNkulunkulu wakho ayizondayo.

## UDuteronomi 17

**Isijeziso sokukhonza onkulunkulu bamanga**

1 Ungahlabeli uJehova uNkulunkulu wakho inkomo, noma imvu enesici, enokubi okuthile, ngokuba kuyisinengiso kuJehova uNkulunkulu wakho.

2 Uma kutholakala phakathi kwakho, ngaphakathi kwelithile lamasango akho uJehova uNkulunkulu wakho akunika wona, owesilisa noma owesifazane owenza okubi emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakho ngokweqa isivumelwano sakhe,

3wahamba, wakhonza abanye onkulunkulu, wakhuleka kubo, noma ilanga, noma inyanga, noma ibandla lezulu, engingayalanga ngakho,

4besewubikelwa khona, ukuzwe, wokubuzisisa; bheka, uma kuqinisile, leyo nto iqinisekile yokuthi isinengiso esinjalo senziwe kwa-Israyeli,

5 uyakukhiphela lowo wesilisa noma lowo wesifazane owenze leyo nto embi emasangweni akho, lowo wesilisa noma lowo wesifazane umkhande ngamatshe ukuba afe.

6Ngomlomo wawofakazi ababili noma ngowawofakazi abathathu uyakubulawa lowo ofanele ukufa; ngomlomo wofakazi munye akayikubulawa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Isandla sawofakazi siyakuba ngesokuqala kuye ukumbulalala, ngasemuva izandla zabantu bonke. Kanjalo uyakukhipha ububi phakathi kwakho.

### Imithetho yabahluleli neyamakhosi

8 Uma kuvela indaba ekwahlulayo, ekwahluleleni phakathi kwegazi negazi, naphakathi kwecala necala, naphakathi kokushaya nokushaya, kuyizindaba zokuphikisana phakathi kwamasango akho, wosuka, uye endaweni uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha,

9 uye kubapristi bamaLevi, nakumahluleli oyakuba khona ngalezo zinsuku, ukuze bakutshele isinqumo sokwahlulela,

10 wenze njengezwi lesinqumo abayakukwazisa lona kuleyo ndawo ayakuyikhetha uJehova, uqaphele ukwenza njengakho konke abakufundisa khona;

11 njengezwi lomthetho abayakukufundisa lona nanjengesahlulelo abayakukutshela sona uyakwenza, ungachezukeli ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo ekwahluleleni kwabo.

12 Umuntu oziqhenya ngokungalaleli umpristi omiyo ukukhonza phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho noma umahluleli, lowo muntu makafe, wena ukhiphe ububi kwa-Israyeli.

13 Bonke abantu bayakuzwa, besabe, bangabe besenza ngokuziqhenya.

14 Nxa ufikile ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, ulidle, uhlale kulo, uthi: Ngiyakubeka inkosi phezu kwami njengazo zonke izizwe ezingizungezayo,

15 uyakumbeka nokumbeka abe yinkosi phezu kwakho yena uJehova uNkulunkulu wakho ayakumkhetha; uyakubeka omunye wabafowenu inkosi phezu kwakho, ungabeki phezu kwakho owezizwe, ongesiye umfowenu.

16 Kepha akayikuzandisela amahhashi, angabuyiseli abantu eGibithe, ukuze andise amahhashi, ngokuba uJehova ushilo kini, wathi: Anisayikubuyela ngaleyo ndlela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[17]Akayikuzandisela abafazi, ukuze inhliziyo yakhe ihlubuke, angazandiseli isiliva negolide.

[18] Kuyakuthi nxa ehlala esihlalweni sobukhosi sombuso wakhe, uyakuzilobela impinda yalo mthetho encwadini ngokuthatha kuleyo ekubapristi bamaLevi;

[19] iyakuba kuye, ayifunde zonke izinsuku zokuhamba kwakhe ukuba afunde ukumesaba uJehova uNkulunkulu wakhe, agcine onke amazwi omthetho wakhe nalezi zimiso ukuba azenze,

[20]inhliziyo yakhe ingaphakami ngaphezu kwabafowabo, angaphambuki emiyalweni, aye ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo, ukuze azandise izinsuku zakhe embusweni wakhe, yena nabantwana bakhe phakathi kuka-Israyeli.

## UDuteronomi 18

### Imivuzo yabapristi

[1] Abapristi bamaLevi, yebo, sonke isizwe sakwaLevi asiyikuba nasabelo nafa kanye no-Israyeli; siyakudla iminikelo yomlilo kaJehova nefa lakhe.

[2]Asiyikuba nafa phakathi kwabafowabo; uJehova uyifa laso, njengalokho ekhulumile kuso.

[3] Lokhu kuyakuba yimfanelo yabapristi ephuma kubantu abanikela ngomhlatshelo, noma inkomo noma imvu, ukuba bamnike umpristi umkhono, nemihlathi yombili, nenanzi.

[4]Ulibo lwamabele akho, nolwewayini lakho, nolwamafutha akho, nezandulela zoboya bezimvu zakho uyakumnika khona.

[5]Ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho umkhethile kuzo zonke izizwe zakho ukuba eme, akhonze egameni likaJehova, yena namadodana akhe, kuze kube phakade.

[6] Uma umLevi evela noma kuliphi isango kwa-Israyeli wonke, lapho egogobele khona, afike ngaso sonke isifiso somphefumulo wakhe endaweni uJehova ayakuyikhetha,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7uyakukhonza egameni likaJehova uNkulunkulu wakhe njengokwenza kwabo bonke abafowabo amaLevi emiyo khona phambi kukaJehova.

8Ayakuphiwa izabelo ezilingeneyo ngaphandle kwalokho okuvela ngokuthengisa ngefa likayise.

### Ukubhula kwabezizwe nabaprofethi bamanga

9 Nxa usufike ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, awuyikufunda ukwenza izinengiso zalezo zizwe.

10 Makungafunyanwa kuwe umuntu odabulisa indodana yakhe noma indodakazi yakhe emlilweni, noma umbhuli, noma ohlola imihlola, noma owenza imilingo, noma umlumbi,

11 noma owenza iziphonso, noma obhula emadlozini, noma umthakathi, noma umlozikazana.

12Ngokuba yilowo nalowo ozenza lezi zinto uyisinengiso kuJehova; ngenxa yalezi zinengiso uJehova uNkulunkulu wakho uyabaxosha phambi kwakho.

13Mawuphelele kuJehova uNkulunkulu wakho.

14 Ngokuba lezi zizwe oyakuzidla ziyabalalela abahlola imihlola nabanamadlozi; kepha wena uJehova uNkulunkulu wakho akakuvumelanga ukwenza kanjalo.

15 UJehova uNkulunkulu wakho uyakukuvusela umprofethi phakathi kwakho kubafowenu onjengami; nimlalele yena

16 njengakho konke owakufisa kuJehova uNkulunkulu wakho eHorebe ngosuku lomhlangano ngokuthi: Mangingabe ngisalizwa izwi likaJehova uNkulunkulu wami, ngingabe ngisawubona lomlilo omkhulu futhi, funa ngife.

17 UJehova wayesethi kimi: Basho kahle lokho abakukhulumile.

18Ngiyakubavusela umprofethi onjengawe phakathi kwabafowabo, ngibeke amazwi ami emlonyeni wakhe, akhulume kubo konke engimyala ngakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[19]Kuyakuthi yilowo nalowo ongayikulalela amazwi ami ayakuwakhuluma egameni lami, mina ngikufune kuye.

[20] Kepha umprofethi oyakukhuluma izwi ngokuziqhenya egameni lami engingamyalanga ukulikhuluma, noma ekhuluma egameni labanye onkulunkulu, lowo mprofethi uyakufa.

[21] Uma uthi enhliziyweni yakho: Singalazi kanjani izwi uJehova angalikhulumanga na?

[22] yazi-ke ukuthi lokhu umprofethi akukhulumayo egameni likaJehova, bese ingenzeki leyo nto, ingaveli iyiyo leyo nto, akusiye uJehova oyikhulumile; umprofethi uyikhulumile ngokuziqhenya; ungamesabi.

## UDuteronomi 19

### Imizi yokuphephela

[1] Lapho uJehova uNkulunkulu wakho eyakunquma izizwe ezizwe lazo uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, bese wuzixosha, wakhe emizini yazo nasezindlini zazo,

[2]uyakuzahlukanisela imizi emithathu phakathi kwezwe lakho akunika lona uJehova uNkulunkulu wakho ukuba ulidle.

[3]Uyakuyilungisa indlela, wahlukanise kathathu imikhawulo yezwe lakho uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona ukuba ulidle, ukuze bonke ababulali babalekele khona.

[4] Nansi indaba yombulali oyakubalekela khona aze aphile: yilowo nalowo obulala umakhelwane wakhe kungengamabomu, ebekade engamzondi,

[5]njengomuntu oya ehlathini nomakhelwane wakhe ukugawula imithi, isandla sakhe bese sigalela ngezembe ukunquma umuthi, insimbi iphunyuke emphinini, imshaye umakhelwane wakhe aze afe, lowo uyakubalekela komunye wale mizi aze aphile,

[6]funa umphindiseli wegazi amxoshe umbulali isashisa inhliziyo yakhe, amfice, ngokuba indlela inde, amshaye aze afe, noma ebengafanele ukufa, lokhu ebekade engamzondi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[7]Ngalokho ngiyakuyala ngokuthi: Uyakuzahlukanisela imizi emithathu.

[8] Uma uJehova uNkulunkulu wakho ewandisa umkhawulo wakho njengokufunga kwakhe koyihlo, akunike lonke izwe athembisa ukubanika lona oyihlo,

[9]uma ugcina yonke le miyalo ukuba uyenze, engikuyala ngakho namuhla, umthande uJehova uNkulunkulu wakho, uhambe njalo ngezindlela zakhe, wozithasiselela eminye imizi emithathu ngaphandle kwaleyo emithathu

[10]ukuba igazi elingenacala lingachithwa phakathi kwezwe lakini akunika lona uJehova uNkulunkulu wakho libe yifa lakho, bese kuba yigazi phezu kwakho.

[11] Kepha uma umuntu emzonda umakhelwane wakhe, emqamekela, amvukele, amshaye aze afe, abalekele komunye wale mizi,

[12] amalunga alowo muzi ayakuthuma amlande lapho, amnikele esandleni somphindiseli wegazi ukuba afe.

[13]Iso lakho aliyikumhawukela, kepha wolikhipha igazi elingenacala kwa-Israyeli ukuba kube kuhle kuwe.

**Umthetho wemincele**

[14] Awuyikususa umncele womakhelwane wakho ababewubeka abadala efeni lakho oyakulidla ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika ukuba ulidle.

**Umthetho wobufakazi**

[15] Ufakazi oyedwa nje akayikumvukela umuntu ngobubi, noma ngesono, noma kuyisiphi isono ona ngaso; ngomlomo wawofakazi ababili noma ngomlomo wawofakazi abathathu indaba iyakuqiniswa.

[16] Uma ufakazi wamanga emvukela umuntu, afakaze ngaye ngokubi,

[17] amadoda omabili axabeneyo ayakuma phambi kukaJehova, phambi kwabapristi nabahluleli abayakuba khona ngaleso sikhathi,

[18]abahluleli baphenyisise; bheka, uma ufakazi engufakazi wamanga ofakazile amanga ngomfowabo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

19 niyakwenza kuye njengalokho ebecabange ukwenza kumfowabo; kanjalo uyakukhipha ububi phakathi kwakho.

20Abaseleyo bayakuzwa, besabe, bangabe besabenza ububi obunjalo phakathi kwakho.

21 Iso lakho aliyikuhawukela; makube ngukuphila ngokuphila, iso ngeso, izinyo ngezinyo, isandla ngesandla, unyawo ngonyawo.

## UDuteronomi 20

### Imithetho yempi

1 Nxa uphuma impi ukuhlasela izitha zakho, bese wubona amahhashi, nezinqola, nabantu abaningi kunawe, ungabesabi, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho unawe, yena owakukhuphula ezweni laseGibithe.

2Kuyakuthi lapho nisondela empini, afike umpristi, akhulume kubantu, athi kubo:

3 Yizwa, Israyeli! Nisondela namuhla empini ukuhlasela izitha zenu; inhliziyo yenu mayingadangali, ningesabi, ningaqhaqhazeli, ningashaywa luvalo phambi kwazo,

4ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho nguye ohamba nani, anilwele nezitha zenu ukuba anisindise.

5 Izinduna ziyakukhuluma kubantu, zithi: Ngumuphi umuntu owakhile indlu entsha engayivulanga na? Makahambe, abuyele endlini yakhe, funa afele empini, omunye umuntu ayivule.

6Ngumuphi umuntu otshalile isivini engadlanga izithelo zaso na? Makahambe, abuyele endlini yakhe, funa afele empini, omunye umuntu asidle.

7 Ngumuphi umuntu onengoduso engayithathanga na? Makahambe, abuyele endlini yakhe, funa afele empini, omunye umuntu ayithathe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Izinduna ziyakukhuluma futhi kubantu, zithi: Ngumuphi umuntu owesabayo onenhliziyo edangeleyo na? Makahambe, abuyele endlini yakhe, funa izinhliziyo zabafowabo zincibilike njengenhliziyo yakhe.

9 Kuyakuthi lapho izinduna seziqedile ukukhuluma, zikhethe izinduna zamabandla eziyakubahola abantu.

10 Nxa usondela emzini ukulwa nawo, mawumemezele ukuthula kuwo.

11 Kuyakuthi uma ukuphendula ngezwi lokuthula, uzivulele kuwe, abantu bonke abafunyaniswa phakathi kwawo baba yizinceku zempoqo, bakukhonze.

12 Uma ungenzi ukuthula kuwe kepha ukuhlasela, uyakuwuvimbezela,

13 nalapho uJehova uNkulunkulu wakho ewunikela esandleni sakho, uyakushaya bonke abesilisa bawo ngosiko lwenkemba,

14 kepha abesifazane, nabantwana, nezinkomo, nakho konke okusemzini, yebo, yonke impango yawo, uyakukuthatha kube yimpango yakho, uyidle impango yezitha zakho uJehova uNkulunkulu wakho akunike yona.

15 Uyakwenze njalo kuyo yonke imizi ekude kakhulu nawe, engesiyo imizi yalezi zizwe.

16 Kodwa emizini yalaba bantu uJehova uNkulunkulu wakho akunika bona babe yifa lakho awuyikusindisa lutho oluphefumulayo,

17 kepha uyakubabhubhisa nokubabhubhisa: amaHeti, nama-Amori, namaKhanani, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi njengokukuyala kukaJehova uNkulunkulu wakho,

18 ukuze banganifundisi ukuba nenze zonke izinengiso zabo abazenzile konkulunkulu babo, none kuJehova uNkulunkulu wenu.

19 Nxa uvimbezela umuzi isikhathi eside ngokulwa nawo ukuba uwuthathe, awuyikuyichitha imithi ngokuyigalela ngezembe, ngokuba ungadla kuyo; ungayigawuli, ngokuba umuthi wasendle ungumuntu yini ukuba uvinjezelwe nguwe na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Imithi oyaziyo ukuthi ayisiyo imithi yokudla, yiyona kuphela
oyakuyichitha, uyigawule, wakhe izinqaba ngasemzini olwa nawe, uze uwe.

## UDuteronomi 21

### Umthetho wokubulawa komuntu ongaziwayo

[1] Uma kufunyaniswa obuleweyo ezweni akunika lona uJehova uNkulunkulu
wakho ukuba ulidle, elele endle, kungaziwa ukuthi ngubani ombuleleyo,

[2]kuyakufika amalunga akho nabahluleli bakho, balinganise amabanga okuya
emizini emzungezayo obuleweyo,

[3]kuze kuthi umuzi oseduze nobuleweyo, amalunga alowo muzi athathe
isithokazi ezinkomeni okungasetshenzwanga ngaso, singadonsanga ejokeni,

[4]amalunga alowo muzi asehlisele leso sithokazi esigodini esinamanzi
ampompozayo, esingalinywanga, singatshalwanga, ayaphule intamo
yesithokazi lapho esigodini;

[5] abapristi, amadodana kaLevi, bayakusondela, ngokuba uJehova
uNkulunkulu wakho ubakhethile ukuba bamkhonze, babusise egameni
likaJehova; ngezwi labo konke ukuxabana nokushaya kuyakunqunywa;

[6]onke amalunga alowo muzi oseduze nobuleweyo ayakuhlamba izandla zawo
phezu kwesithokazi esaphulelwe intamo esigodini,

[7]aphendule athi: Izandla zethu azichithanga leli gazi, namehlo ethu
awakubonanga.

[8]Thethelela, Jehova, abantwana bakho u-Israyeli obahlengileyo, ungavumeli
igazi elingenacala phakathi kwabantu bakho u-Israyeli, bese bethethelelwa
igazi lelo.

[9]Kanjalo uyakukhipha igazi elingenacala phakathi kwakho, ngokuba
uyakwenza okulungile emehlweni kaJehova.

### Ngokuganwa ngowesifazane othunjiweyo

[10] Lapho uphuma impi ukuhlasela izitha zakho uJehova uNkulunkulu wakho
azinikela ezandleni zakho, uzithumbe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11ubone phakathi kwabathunjwa owesifazane omuhle onamathela kuye, uthanda ukumthatha abe ngumkakho,

12myise ekhaya, aphucule ikhanda lakhe, asike izinzipho zakhe,

13akhumule izingubo zokuthunjwa kwakhe, ahlale endlini yakho, akhalele uyise nonina inyanga yonke, andukuba ungene kuye, ube yindoda yakhe, yena abe ngumkakho.

14Kepha uma ungathokozi ngaye, womyeka ukuba ahambe, aye lapho ethanda khona; kodwa awuyikuthengisa ngaye neze ngemali, ungamphathi njengesigqila, ngokuba usumonile.

### Ifa lobuzibulo

15 Uma umuntu enabafazi ababili, omunye ethandeka omunye aliwa, bamzalele abantwana, othandekayo nowaliwayo, bese kuthi indodana eyizibulo ingeyowaliwayo,

16kuyakuthi mhla ewahlukanisela amadodana akhe ifa analo, makangayenzi indodana yentandokazi izibulo phambi kwendodana yesaliwakazi okuyiyona eyizibulo,

17 kepha avume ukuba indodana yowaliwayo ibe yizibulo ngokuyinika isabelo esiphindiweyo sakho konke anakho, ngokuba yona ingukuqala kwamandla akhe; ilungelo lezibulo lingelayo.

### Ukuphathwa kwabantwana abanenkani

18 Uma umuntu enendodana enenkani nengezwayo, engalaleli izwi likayise noma izwi likanina, engalaleli noma beyilaya,

19uyise nonina bayakuyibamba, bayiyise kumalunga omuzi wakubo nasesangweni lendawo yakubo,

20bathi kumalunga omuzi: Le ndodana yethu inenkani, ayizwa, ayilaleli izwi lethu; iyisishingi nesidakwa.

21Onke amadoda omuzi wakubo ayakumkhanda ngamatshe aze afe; kanjalo uyakukhipha ububi phakathi kwakho, wonke u-Israyeli ezwe, esabe.

### Umthetho womuntu ophanyekwayo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Uma umuntu enzile isono esifanele ukufa, abulawe, umphanyeke emthini,

23 isidumbu sakhe asiyikuhlala bonke ubusuku emthini, kepha wommbela nokummbela ngalona lolo suku, ngokuba ophanyekiweyo uqalekisiwe nguNkulunkulu, ukuba ungalingcolisi izwe lakini akunika lona uJehova uNkulunkulu wakho libe yifa lakho.

## UDuteronomi 22

### Ngokusiza

1 Awuyikubona inkabi yomfowenu noma imvu yakhe iduka, ucashe kuzo; wozibuyisela nokuzibuyisela kumfowenu.

2 Uma umfowenu engeseduze nawe noma ungamazi, woziyisa endlini yakho zibe nawe, aze azifune umfowenu, uzibuyisele kuye.

3 Uyakwenza kanjalo nangembongolo yakhe, wenze njalo nangezingubo zakhe, wenze njalo ngazo zonke izinto ezilahlekileyo zomfowenu alahlekelwa yizo, wazithola, uze ungacashi.

4 Awuyikubona imbongolo yomfowenu noma inkabi yakhe iwile endleleni, ucashe kuzo; womsiza nokumsiza ukuzivusa.

5 Owesifazane makangagqoki okwendoda, nendoda mayingembathi ingubo yowesifazane, ngokuba yilowo nalowo okwenza lokho uyisinengiso kuJehova uNkulunkulu wakho.

### Ngokuphatha kahle izilwane nangokungahlanganisi okungafanele

6 Uma uhlangana nesidleke senyoni endleleni phambi kwakho emthini noma siphansi, sinamazinyane noma sinamaqanda, unina efukamele amazinyane noma amaqanda, ungathathi unina kanye namazinyane,

7 kepha uvumele unina ukuba asuke, wena uzithathele amazinyane ukuba kube kuhle kuwe, uzandise izinsuku zakho.

8 Nxa wakha indlu entsha, uyakwenza uthango ophahleni lwakho ukuba ungayehliseli indlu yakho igazi, uma umuntu ewa khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Awuyikutshala isivini sakho ngezinhlobo ezimbili zembewu, funa zonke izithelo zibe ngezendlu engcwele, imbewu owayitshalayo nezithelo zesivini.

10 Awuyikulima ngenkabi iboshelwe kanye nembongolo.

11 Awuyikugqoka ingubo eyizinhlobonhlobo zezintanjana, uboya bezimvu buhlanganisiwe nelineni.

12 Uyakuzenzela izinsephe emiphethweni yomine yesambatho sakho osembathayo.

### Imithetho yokugana neminye efananayo

13 Uma umuntu ethatha umfazi, angene kuye, amale,

14amkhese ngezinto eziyihlazo, amenzele igama elibi, athi: Ngamthatha lo wesifazane; kwathi sengisondele kuye, angifumanisanga iziqiniseko zobuntombi kuye,

15uyise nonina bentombi bayakuthatha iziqiniseko zobuntombi bentombi, baziyise kumalunga omuzi esangweni,

16uyise wentombi athi kumalunga: Ngamnika lowo muntu indodakazi yami ibe ngumkakhe, useyayala;

17bhekani, umkhesile ngezinto eziyihlazo ngokuthi: Angifumanisanga iziqiniseko zobuntombi endodakazini yakho, nokho nazi iziqiniseko zobuntombi bendodakazi yami. Bayakuyeneka ingubo phambi kwamalunga omuzi.

18Amalunga alowo muzi ayakumthatha lowo muntu, amlaye,

19amhlawulise ngamashekeli esiliva ayikhulu, amnike wona uyise wentombi, ngokuba uveze igama elibi phezu kwentombi yakwa-Israyeli, yona ibe ngumkakhe; angeyilahle zonke izinsuku zakhe.

20 Kepha-ke uma le nto iqinisile yokuthi iziqiniselo zobuntombi azifunyaniswanga entombini,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21bayakuyikhiphela intombi ngasemnyango wendlu kayise, amadoda omuzi ayikhande ngamatshe ize ife, ngokuba yenzile ubuwula kwa-Israyeli, ifeba endlini kayise; kanjalo uyakukhipha ububi phakathi kwakho.

22 Uma indoda ifunyanwa ilele nowesifazane ogane enye indoda, bayakufa bobabili, indoda ebilele nowesifazane nowesifazane uqobo; kanjalo uyakukhipha ububi kwa-Israyeli.

23 Uma ikhona intombazana eyintombi iyingoduso yendoda, umuntu ayifumane emzini, alale nayo,

24niyakubakhiphela bobabili ngasesangweni lalowo muzi, nibakhande ngamatshe baze bafe, intombi, ngokuba ayikhalanga ingani isemzini, nendoda, ngokuba imonile umkamakhelwane wakhe; kanjalo uyakukhipha ububi phakathi kwakho.

25 Kepha uma indoda ifumana endle intombi eyingoduso, indoda iyiphoqe, ilale nayo, indoda ebilala nayo kuphela iyakufa,

26ungenzi lutho kuyo intombi, ngokuba asikho entombini isono esifanele ukufa, lokhu le ndaba injengokuba umuntu evukela umakhelwane wakhe, ambulale,

27ngokuba wayifumana isendle; noma intombi eyingoduso yakhala, akwababakho muntu wokuyisindisa.

28 Uma indoda ifumana intombi engesiyo ingoduso, iyibambe, ilale nayo, baficwe,

29indoda ebilala nayo iyakunika uyise wentombi amashekeli angamashumi ayisihlanu esiliva, ibe ngumkayo, ngokuba iyonile; ingeyilahle zonke izinsuku zayo.

30 Umuntu angathathi umkayise, ambule umphetho wengubo yakhe.

## UDuteronomi 23

### Abangavunyelwe ukungena ebandleni likaJehova

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Olimele emasendeni noma enqunyiwe umphambili akanakungena ebandleni likaJehova.

2 Umntwana wesihlahla akanakungena ebandleni likaJehova, yebo, ongowakhe akayikungena ebandleni likaJehova kuze kube nasesizukulwaneni seshumi.

3 Owakwa-Amoni nowakwaMowabi abanakungena ebandleni likaJehova, yebo, ongowabo akayikungena kuze kube nasesizukulwaneni seshumi ebandleni likaJehova kuze kube phakade,

4 ngokuba abanihlangabezanga ngesinkwa nangamanzi endleleni ekuphumeni kwenu eGibithe, nangokuba baqasha ukuba kumelane nawe uBileyamu indodana kaBeyori wasePethori laseMesopotamiya ukuba akuqalekise.

5 UJehova uNkulunkulu wakho akamlalelanga nokho uBileyamu, kepha uJehova uNkulunkulu wakho waphendula isiqalekiso saba yisibusiso kuwe, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho wakuthanda.

6Awuyikufuna ukuthula kwabo nenhlanhla yabo zonke izinsuku zakho kuze kube phakade.

7 Unganengwa ngowakwa-Edomi, ngokuba ungumfowenu; awuyikunengwa ngowaseGibithe, ngokuba wawungumfokazi ezweni lakubo.

8Abantwana besizukulwane sesithathu abazalwa yibo bayakungena ebandleni likaJehova.

**Ukuhlanzeka kwekamu***

9 Lapho usekamu ukuba ulwe nezitha zakho, wozigcina kukho konke okubi.

10 Uma ekhona phakathi kwenu umuntu ongahlambulukile ngenxa yokumehleleyo ebusuku, uyakuphumela ngaphandle kwekamu, angangeni phakathi kwekamu,

11kepha ngakusihlwa uyakugeza ngamanzi, nanxa selishonile ilanga, uyakungena ekamu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

12 Makube khona indawo ngaphandle kwekamu, lapho uyakuphumela khona ukuya ngaphandle,

13ube nesimbo ezikhalini zakho; kuyakuthi lapho uya ngaphandle, umbe ngaso, ubuye usibekele okuphumile kuwe,

14ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uyahamba phakathi kwekamu ukukophula nokunikela izitha zakho phambi kwakho; ngalokho ikamu lakho liyakuba ngcwele ukuba angaboni into engcolileyo kuwe, akufulathele.

**Izigqila ezibalekileyo, nezifebe, nenzalo**

15 Unganikeli kumniniso isigqila esibalekile kumniniso seza kuwe.

16Siyakuhlala kuwe phakathi kwakho endaweni esiyakuyikhetha phakathi kwelinye lamasango akho, lapho sithanda khona; ungasicindezeli.

17 Makungabikho isifebe sethempeli emadodakazini akwa-Israyeli nasemadodaneni akwa-Israyeli.

18 Ungayingenisi inkokhelo yesifebe nemali yenja endlini kaJehova uNkulunkulu wakho ukugcwalisa isithembiso; kokubili kuyisinengiso kuJehova uNkulunkulu wakho.

19 Awuyikutsheleka umfowenu ngenzalo, inzalo yemali, nenzalo yokudla, nenzalo yento etshelekwa ngenzalo.

20Umfokazi ungamtsheleka ngenzalo, kepha umfowenu awuyikumtsheleka ngenzalo ukuba uJehova uNkulunkulu wakho akubusise kukho konke obeka isandla sakho kukho ezweni ongena kulo ukulidla.

21 Nxa wenza isithembiso kuJehova uNkulunkulu wakho, ungalibali ukusigcwalisa, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho uyakusibiza nokusibiza kuwe, kube yisono kuwe.

22Kepha uma uyeka ukwethembisa, akuyikuba yisono kuwe.

23Lokho okuphume emlonyeni wakho uyakukugcina, ukwenze, njengokwethembisa kwakho uJehova uNkulunkulu wakho isithembiso sesihle owasethembisa ngomlomo wakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Lapho ungena esivinini somakhelwane wakho, ungadla izithelo zomvini, usuthe ngokuthanda kwakho, kepha ungafaki lutho esitsheni sakho.

25 Lapho ungena ezinhlangeni zamabele omakhelwane wakho, ungazikha izikhwebu ngesandla sakho, kepha ungabeki isikela ezinhlangeni zamabele omakhelwane wakho.

## UDuteronomi 24

### Incwadi yesahlukaniso. Indoda ephinda iganwe

1 Lapho umuntu ethatha umfazi, aganwe nguye, engasathandeki emehlweni akhe kodwa, lokhu efumanisile kuye okuthile okwenyanyekayo, uyakumlobela incwadi yesahlukaniso, amnike yona esandleni sakhe, amkhiphe endlini yakhe.

2Nxa esephumile endlini yakhe, angahamba abe ngowomunye umuntu.

3Uma indoda yesibili imala, imlobele incwadi yesahlukaniso, imnike yona esandleni sakhe, imkhiphe endlini yayo, noma le ndoda yesibili eyayimthathe abe ngumkayo ifa,

4indoda yakhe yokuqala eyamxoshayo mayingabuyi imthathe abe ngumkayo emva kokuba esoniwe, ngokuba lokho kuyisinengiso phambi kukaJehova; awuyikwenza ukuba izwe uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona libe yifa lakho lonakale.

5 Nxa umuntu ethatha umfazi omusha, akayikuphuma impi, anganikwa futhi umsebenzi noma yimuphi; uyakuhlala ekhululekile ekhaya umnyaka, athokozise umkakhe amthathileyo.

### Izibambiso

6 Akuyikubakho muntu oyakuthatha itshe lokugaya noma imbokodwe kube yisibambiso, ngokuba yena uthatha konke okuphilwa ngakho kube yisibambiso.

### Ukweba abantu; uchoko; ukutsheleka; nokunye

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Uma umuntu efunyanwa eba omunye wabafowabo babantwana bakwa-Israyeli, amphathe njengesigqila, noma athengise ngaye, lelo sela liyakufa, ukhiphe kanjalo ububi phakathi kwakho.

8 Xwaya esifweni sochoko ukuba uqaphelisise, wenze njengakho konke abapristi bamaLevi abayakukufundisa khona; njengokubayala kwami anoqaphela ukwenze njalo.

9 Khumbula akwenzayo uJehova uNkulunkulu wakho kuMiriyamu endleleni ekuphumeni kwenu eGibithe.

10 Nxa utsheleka umakhelwane wakho utho, awuyikungena endlini yakhe ukulanda isibambiso sakhe.

11 Uyakuma ngaphandle, umuntu omtshelekayo uyakukukhiphela isibambiso phandle.

12 Uma engumuntu ompofu, ungalali nalokhu okuyisibambiso sakhe,

13 kepha uyakukubuyisela nokukubuyisela kuye ukushona kwelanga ukuba alale ngengubo yakhe, akubusise; lokho kuyakuba kuwe ukulunga phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho.

14 Awuyikucindezela inceku eqashiweyo empofu neswelayo, noma ingowabafowenu noma ingowabafokazi abasezweni lakini phakathi kwamasango akho;

15 uyakuyinika inkokhelo yayo ngosuku lwayo, ilanga lingakashoni phezu kwayo, ngokuba impofu, ibeka inhliziyo yayo kuyo, funa ikhale ngawe kuJehova, kube yisono kuwe.

16 Oyise abayikubulawa ngenxa yabantwana, nabantwana abayikubulawa ngenxa yawoyise; yilowo nalowo uyakubulawa ngesakhe isono.

17 Awuyikuphendukezela ukwahlulelwa komfokazi noma okwentandane, ungathathi ingubo yomfelokazi ibe yisibambiso,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18kepha ukhumbule ukuthi wawuyisigqila eGibithe nokuthi uJehova uNkulunkulu wakho wakuhlenga khona; ngalokho ngiyakuyala ukwenza le nto.

19 Nxa uvuna isivuno sakho ensimini, ukhohliwe isithungu ensimini yakho, ungabuyeli ukusilanda, kepha asibe ngesomfokazi, nesentandane, nesomfelokazi ukuba uJehova uNkulunkulu wakho akubusise emsebenzini wonke wezandla zakho.

20Lapho uvuthuza umnqumo wakho, awuyikubukeza amagatsha, kepha akube ngokomfokazi, nokwentandane, nokomfelokazi.

21Nxa ubutha okwesivini sakho, awuyikukhothoza ngasemuva, kepha akube ngokomfokazi, nokwentandane, nokomfelokazi.

22Wokhumbula ukuthi wawuyisigqila ezweni laseGibithe; ngalokho ngiyakuyala ukwenza le nto.

## UDuteronomi 25

### Imithetho yokujeziswa enkantolo; ubumnene kuzo izilwane ezisebenzayo

1 Uma kukhona ukuxabana phakathi kwabantu, baye ukwahlulelwa, kuthethwe icala labo, bayakuyekela olungileyo, balahle onecala,

2kuze kuthi uma onecala efanele ukushaywa, umahluleli amenze alale phansi, ashaywe phambi kwakhe, ubuningi bemivimbo bube njengokwecala lakhe.

3 Angamshaya imivimbo engamashumi amane, angadluli, funa uma ebeyakudlula, amshaye imivimbo eminingi phezu kwaleyo, kuze kuthi umfowenu ahlazwe emehlweni akho.

4 Ungayifaki inkabi isifonyo, nxa ibhula.

### Umthetho wokungena

5 Uma abazalwane behlala ndawonye omunye wabo afe engenandodana, umfazi wofileyo akayikugana umfokazi ongaphandle; kepha umfowabo wendoda yakhe uyakungena kuye, amthathe abe ngumkakhe, amngene.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Kuyakuthi izibulo alizalayo lilandele egameni lomfowabo ofileyo ukuba igama lakhe lingesulwa kwa-Israyeli.

7 Uma umuntu engathandi ukumthatha umkamfowabo, umkamfowabo uyakukhuphukela kumalunga esangweni, athi: Umfowabo wendoda yami uyala ukuvusela umfowabo igama kwa-Israyeli; akathandi ukungingena.

8Amalunga omuzi wakhe ayakumbiza, akhulume naye; uma emi eqinisa ngokuthi: Angithandi ukumthatha,

9umkamfowabo uyakufika kuye phambi kwamalunga, akhumule isicathulo onyaweni lwakhe, amkhafulele ebusweni bakhe, aphendule athi: Kuyakwenziwa kanjalo kumuntu ongayakhi indlu yomfowabo.

10Igama lakhe liyakuthiwa kwa-Israyeli Indlu yosicathulo sakhe sikhunyuliwe .

11 Nxa amadoda amabili elwa, umfazi wenye abesesondela ukuyophula indoda yakhe esandleni saleyo eyishayayo, aselule isandla sakhe, ayibambe ngomphambili,

12womnquma isandla, iso lakho lingabi namhawu.

### Izisindo nezilinganiso ezilungileyo

13 Makungabikho esikhwameni sakho izisindo ezahlukeneyo, esikhulu nesincane.

14Makungabikho endlini yakho izilinganiso ezahlukeneyo, esikhulu nesincane.

15Woba nesisindo esipheleleyo nesilungileyo, futhi ube nesilinganiso esipheleleyo nesilungileyo ukuba izinsuku zakho zibe zinde ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.

16 Ngokuba bonke abenza kanjalo, bonke abenza ukungalungi, bayisinengiso kuJehova uNkulunkulu wakho.

### Icala lama-Amaleki

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Khumbula akwenzayo kuwe u-Amaleki endleleni ekuphumeni kwenu eGibithe

18 ukuthi wakuhlangabeza endleleni, washaya abasemva kwakho, bonke ababebuthakathaka emva kwakho, lapho usukhathele, uphelile amandla; kamesabanga uJehova.

19 Kuyakuthi lapho uJehova uNkulunkulu wakho esekuphumuzile kuzo zonke izitha zakho nxazonke ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona libe yifa lakho ukuba ulidle, wesule inkumbulo ka-Amaleki phansi kwezulu; awuyikukhohlwa lokho.

## UDuteronomi 26

### Ulibo

1 Kuyakuthi lapho usufikile ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona libe yifa lakho ukuba ulidle, wakhe kulo,

2 uthathe ulibo lwezithelo zonke zomhlaba olubuthayo ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, ulufake eqomeni, uye endaweni uJehova uNkulunkulu wakho ayakuyikhetha ukuba igama lakhe lihlale kuyo.

3 Uyakuya kumpristi oyakuba khona ngalezo zinsuku, uthi kuye: Ngiyabika namuhla kuJehova uNkulunkulu wakho ukuthi sengifikile ezweni uJehova alifungela obaba ukusinika lona.

4 Umpristi uyakuthatha iqoma esandleni sakho, alibeke phansi phambi kwe-altare likaJehova uNkulunkulu wakho.

5 Wena uyakuphendula, uthi phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho: Ubaba wayengumAramu ozulayo, wehlela eGibithe, wagogobala khona nabantu abayingcosana; waba yisizwe khona, esikhulu, nesinamandla, nesiningi;

6 abaseGibithe basiphatha kabi, basihlupha, basithwesa ubugqili obulukhuni;

7 sase sikhala kuJehova uNkulunkulu wawobaba, uJehova walizwa izwi lethu, wabona ukuhlupheka kwethu, nomshikashika wethu, nokucindezelwa kwethu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 uJehova wasikhipha eGibithe ngesandla esinamandla nangengalo eyeluliweyo, nangezenzo ezesabekayo nezinkulu, nangezibonakaliso, nangezimangaliso,

9 wasiletha kule ndawo, wasinika leli zwe, izwe elivame ubisi nezinyosi.

10 Manje-ke, bheka, sengilethile ulibo lwezithelo zomhlaba onginike wona wena Jehova; bese wukubeka phansi phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho, ukhuleke phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho,

11 wename ngakho konke okuhle uJehova uNkulunkulu wakho akunikile khona wena nendlu yakho, wena nomLevi, nomfokazi ophakathi kwakho.

**Okweshumi**

12 Lapho uqedile ukuthatha okweshumi kwezithelo zakho ngomnyaka wesithathu ongumnyaka wokweshumi, usumnike uLevi khona, nomfokazi, nentandane, nomfelokazi ukuba badle phakathi kwamasango akho, basuthe,

13 uyakuthi phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho: Ngikhiphile izinto ezingcwele endlini yami, ngamnika zona uLevi, nomfokazi, nentandane, nomfelokazi njengayo yonke imiyalo ongiyale ngayo; angiweqanga nowodwa wemiyalo yakho, futhi angiyikhohlwanga.

14 Angikudlanga ekulileni kwami, angisusanga lutho ngingcolile, anginikelanga ngakho kofileyo; ngilalele izwi likaJehova uNkulunkulu wami, ngenzile njengakho konke ongiyale ngakho.

15 Bheka phansi usezindlini zakho ezingcwele ezulwini, ubusise abantu bakho u-Israyeli nomhlaba osinike wona njengokufunga kwakho kobaba, izwe elivame ubisi nezinyosi.

16 Namuhla uJehova uNkulunkulu wakho uyakuyala ukwenza lezi zimiso nezahlulelo; ngalokho wozigcina, uzenze ngayo yonke inhliziyo yakho.

17 Umqinisele namuhla uJehova ukuthi uyakuba nguNkulunkulu wakho, uhambe ezindleleni zakhe, ugcine izimiso zakhe, nemiyalo yakhe, nezahlulelo zakhe, nililalele izwi lakhe;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

18 uJehova ukuqinisele namuhla ukuthi uyakuba yisizwe senzuzo yakhe njengokukwethembisa kwakhe, ugcine yonke imiyalo yakhe,

19 ukuze akuphakamise phezu kwazo zonke izizwe azenzileyo ngokubongwa, nangegama, nangodumo, ube yisizwe esingcwele kuJehova uNkulunkulu wakho njengokusho kwakhe.

## UDuteronomi 27

### Izibhebhe zamatshe zomthetho

1UMose namalunga akwa-Israyeli bayala abantu, bathi: Gcinani yonke imiyalo esiniyala ngayo namuhla.

2Kuyakuthi mhla niwela iJordani ukuya ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, uzimisele amatshe amakhulu, uwanameke ngodaka,

3ulobe kuwo amazwi onke alo mthetho, nxa usuwelile ukuba ungene ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, izwe elivame ubisi nezinyosi njengokukwethembisa kukaJehova uNkulunkulu wawoyihlo.

4Kuyakuthi lapho seniliwelile iJordani, nimise lawa matshe enginiyala ngawo namuhla entabeni yase-Ebali, uwanameke ngodaka.

5 Uyakumakhela khona uJehova uNkulunkulu wakho i-altare, i-altare lamatshe, ungawaphakamiseli into yensimbi.

6Uyakwakha i-altare likaJehova uNkulunkulu wakho ngamatshe apheleleyo, unikele kulo ngeminikelo yokushiswa kuJehova uNkulunkulu wakho,

7uhlabe iminikelo yokuthula, udle khona, wename phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho.

8Uyakuloba ematsheni onke amazwi alo mthetho, uwaqophisise kahle.

9 UMose nabapristi bamaLevi bakhuluma kuwo wonke u-Israyeli, bathi: Thula, ulalele, Israyeli: namuhla sewuyisizwe sikaJehova uNkulunkulu wakho.

10Ngalokho wolilalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho, wenze imiyalo yakhe nezimiso zakhe engikuyala ngakho namuhla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## Izibusiso neziqalekiso zabakwa-Israyeli

11UMose wayala abantu ngalona lolo suku, wathi:

12 Laba bayakuma entabeni yaseGerizimu ukubusisa abantu, lapho seniwelile iJordani: oSimeyoni, noLevi, noJuda, no-Isakare, noJosefa, noBenjamini;

13laba bayakuma entabeni yase-Ebali babe ngabokuqalekisa: oRubeni, noGadi, no-Asheri, noZebuloni, noDani, noNafetali.

14 AmaLevi ayakuphendula, athi kuwo onke amadoda akwa-Israyeli ngezwi elikhulu:

15 Makaqalekiswe umuntu owenza isithombe ezibaziweyo nesibunjiweyo, isinengiso kuJehova, umsebenzi wezandla zengcweti, asimise ngasese. Bonke abantu bayakuphendula bathi: Amen.

16 Makaqalekiswe odelela uyise noma unina. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

17 Makaqalekiswe osusa isikhonkwane somakhelwane wakhe. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

18 Makaqalekiswe ophundula impumputhe endleleni. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

19 Makaqalekiswe ophendukezela isahlulelo somfokazi, nesentandane, nesomfelokazi. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

20 Makaqalekiswe olala nomkayise, ngokuba wambulile umphetho wengubo kayise. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

21 Makaqalekiswe olala nesilwane. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

22 Makaqalekiswe olala nodadewabo, indodakazi kayise noma indodakazi kanina. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

23 Makaqalekiswe olala nomkhwekazi. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

24 Makaqalekiswe obulala umakhelwane wakhe ngasese. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25 Makaqalekiswe owamukela umvuzo ukuba abulale ongenacala, achithe igazi lakhe. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

26 Makaqalekiswe ongawaqinisi amazwi alo mthetho ukuba awenze. Bonke abantu bayakusho ukuthi: Amen.

## UDuteronomi 28

### Izibusiso neziqalekiso

1 Kuyakuthi uma ulalela nokulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho, uqaphele ukuyenza yonke imiyalo yakhe engikuyala ngayo namuhla, uJehova uNkulunkulu wakho akuphakamise phezu kwazo zonke izizwe zomhlaba.

2Zonke lezi zibusiso ziyakufika phezu kwakho, zikufice, uma ulilalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho.

3 Uyakubusiswa emzini, ubusiswe nasensimini.

4 Iyakubusiswa inzalo yesisu sakho, nezithelo zomhlaba wakho, nenzalo yezilwane zakho, nesanda sezinkomo zakho, namazinyane ezimvu zakho.

5 Kuyakubusiswa iqoma lakho, nomkhombe wakho wokuxova isinkwa.

6 Uyakubusiswa ekungeneni kwakho, ubusiswe nasekuphumeni kwakho.

7 UJehova uyakwenza ukuba izitha zakho ezikuvukelayo zibulawe phambi kwakho; ziyakukuhlasela ngandlelanye, zikubalekele ngezindlela eziyisikhombisa.

8 UJehova uyakuyala isibusiso sibe phezu kwakho ezinqolobaneni zakho nakukho konke obeka kukho isandla sakho, akubusise ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.

9 UJehova uyakukumisa ube yisizwe esingcwele kuye njengokufunga kwakhe kuwe, uma uyigcina imiyalo kaJehova uNkulunkulu wakho, uhambe ezindleleni zakhe.

10Bonke abantu bomhlaba bayakubona ukuthi ubiziwe ngegama likaJehova, bakwesabe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 UJehova uyakukwandisela okuhle: inzalo yesisu sakho, nenzalo yezinkomo zakho, nezithelo zomhlabathi wakho ezweni uJehova alifungela oyihlo ukukunika lona.

12 UJehova uyakukuvulela indlu yakhe yengcebo, izulu, anise imvula yezwe lakho ngesikhathi sayo, abusise wonke umsebenzi wesandla sakho; uyakutsheleka izizwe eziningi, kepha ungatsheleki lutho kuzo.

13UJehova uyakukwenza ube yinhloko, ungabi ngumsila; woba phezulu kuphela, ungabi ngaphansi, uma uyilalela imiyalo kaJehova uNkulunkulu wakho engikuyala ngayo namuhla ukuba uyigcine, uyenze,

14nalapho ungaphambuki nakulo elilodwa lamazwi engikuyala ngawo namuhla ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo ukulandela abanye onkulunkulu ukuba ubakhonze.

15 Kuyakuthi uma ungalilaleli izwi likaJehova uNkulunkulu wakho ukuba uqaphele ukwenza yonke imiyalo yakhe nezimiso zakhe engikuyala ngakho namuhla, zonke lezi ziqalekiso zikwehlele, zikufice.

16 Uyakuqalekiswa emzini, uqalekiswe nasensimini.

17 Iqoma lakho liyakuqalekiswa, kuqalekiswe nomkhombe wakho wokuxova isinkwa.

18 Inzalo yesisu sakho iyakuqalekiswa, nezithelo zomhlabathi wakho, nesanda sezinkomo zakho, namazinyane ezimvu zakho.

19 Uyakuqalekiswa ekungeneni kwakho, uqalekiswe nasekuphumeni kwakho.

20 UJehova uyakukwehlisela isiqalekiso, nokuphaphatheka, nokusolwa, kukho konke obeka isandla sakho kukho ukuba ukwenze, uze uchithwe, ubhubhe ngokushesha ngenxa yobubi bezenzo zakho ongidelele ngazo.

21UJehova uyakunamathelisa kuwe isifo, aze akuqede ezweni ongena kulo ukulidla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 UJehova uyakukushaya ngesifuba, nangomkhuhlane, nangesivuvushisa somzimba, nangokushisa okukhulu, nangenkemba, nangokuhamuka, nangesikhutha; kuyakukuxosha uze uphele.

23 Izulu lakho eliphezu kwakho liyakuba yithusi, umhlaba ophansi kwakho ube yinsimbi.

24 UJehova uyakwenza imvula yezwe lakho ibe ngumsizi nothuli; kuyakwehla ezulwini, kufike phezu kwakho, uze ubhujiswe.

25 UJehova uyakwenza ukuba ubulawe phambi kwezitha zakho, uzihlasele ngandlelanye, uzibalekele ngezindlela eziyisikhombisa phambi kwazo, ube yingebhe emibusweni yonke yomhlaba.

26 Isidumbu sakho siyakuba ngukudla kwezinyoni zonke zezulu nokwezilwane zomhlaba; akuyikubakho ozihebezayo.

27 UJehova uyakukushaya ngamathumba aseGibithe, nangamaqhubu, nangomuna, nangokhwekhwe ongenakuphulukiswa kukho.

28 UJehova uyakukushaya ngobuhlanya, nangobumpumputhe, nangokugcwaneka,

29 uphumputhe emini njengempumputhe iphumputha ebumnyameni; awuyikuphumelela ezindleleni zakho, uyakucindezelwa kuphela, uphangwe; akuyikubakho muntu wokukusindisa.

30 Uyakuganwa ngumfazi, omunye umuntu alale naye; uyakwakha indlu, ungahlali kuyo; uyakutshala isivini, ungazikhi izithelo zaso.

31 Inkabi yakho iyakuhlatshwa emehlweni akho, ungayidli; imbongolo yakho iyakuhlwithwa ebusweni bakho, ingabuyiselwa kuwe; izimvu zakho ziyakunikwa izitha zakho, kungabikho okusindisayo.

32 Amadodana akho namadodakazi akho ayakunikwa ezinye izizwe, amehlo akho abheke, aphele ngokuwalangazelela lonke usuku, kungabikho lutho emandleni esandla sakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

33 Izithelo zomhlabathi wakho nayo yonke imisebenzi yakho kuyakudliwa yisizwe ongasaziyo, wena ucindezelwe kuphela, uchotshozwe

34 ukuba ugcwaneke ngokubonwa ngamehlo akho oyakukubona.

35 UJehova uyakukushaya emadolweni akho nasemilenzeni ngamathumba amabi ongenakuphulukiswa kuwo, kusukela ematheni onyawo lwakho kuze kufike okhakhayini lwakho.

36 UJehova uyakuyisa wena nenkosi oyibeke phezu kwakho kuso isizwe ongasazi, wena nawoyihlo, ukhonze lapho abanye onkulunkulu, imithi namatshe.

37 Uyakuba yisimangaliso, nesaga, nesifenqo phakathi kwezizwe zonke lapho uJehova eyakukuyisa khona.

38 Uyakuphuma nembewu eningi, uye ensimini, ubuthe okuyingcosana, ngokuba kuyakudliwa yisikhonyane.

39 Uyakutshala izivini, uzisebenze, kepha awuyikuliphuza iwayini, ungabuthi izithelo zomvini, ngokuba umswenya uyakuzidla.

40 Uyakuba neminqumo phakathi kwemikhawulo yakho yonke, ungazigcobi nokho ngamafutha, ngokuba izithelo zeminqumo yakho ziyakuvuthuluka.

41 Uyakuzala amadodana namadodakazi, kepha awayikuba ngawakho, ngokuba ayakuthunjwa.

42 Yonke imithi yakho nezithelo zomhlabathi wakho kuyakudliwa yisikhonyane.

43 Umfokazi ophakathi kwakho uyakuphakama phezu kwakho njalonjalo, wena wehle njalonjalo.

44 Uyakukutsheleka wena, awuyikumtsheleka yena; yena uyakuba yinhloko, wena ube ngumsila.

45 Zonke lezi ziqalekiso ziyakukwehlela, zikuxoshe, zikufice, uze ubhujiswe, ngokuba awulilalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wakho ukuba ugcine imiyalo yakhe nezimiso zakhe abekuyala ngakho,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

46zibe phezu kwakho isibonakaliso nesimangaliso, naphezu kwenzalo yakho kuze kube phakade.

47Lokhu ungamkhonzanga uJehova uNkulunkulu wakho ngokujabula nangokwenama kwenhliziyo ngenxa yobuningi bezinto,

48uyakuzikhonza izitha zakho uJehova ayakuzithuma kuwe ngokulamba, nangokoma, nangobunqunu, nangokuswela izinto zonke, abeke ijoka lensimbi entanyeni yakho, aze akubhubhise.

49 UJehova uyakukuthumela isizwe esivela kude ekugcineni komhlaba njengokundiza kokhozi, isizwe ongayikuqonda ulimi lwaso,

50 isizwe esinobuso obujamayo, esingayikunakekela ubuso bomdala, singabi namusa komusha.

51Siyakuyidla inzalo yezinkomo zakho, nezithelo zomhlabathi wakho, uze ubhujiswe, singakushiyeli amabele, noma iwayini, noma amafutha, noma isanda sezinkomo zakho, noma amazinyane ezimvu zakho, aze akuqede.

52Siyakukuvimbezela kuwo onke amasango akho, zize ziwe izingange zakho owazethembayo ezweni lakho lonke, sikuvimbezele kuwo onke amasango akho ezweni lakho lonke uJehova uNkulunkulu wakho akunike lona.

53 Uyakudla inzalo yesakho isisu, inyama yamadodana akho neyamadodakazi akho uJehova uNkulunkulu wakho akunike wona ekuvinjezelweni nasekuxinekeni izitha zakho eziyakukuxina ngakho.

54Umuntu othambileyo notetemayo phakathi kwenu, iso lakhe liyakuba libi kumfowabo, nakumkakhe osesifubeni sakhe, nakuyo insali yabantwana bakhe abaseleyo,

55ukuba angabaniki inyama yabantwana bakhe abadlayo ngokuba engasalelwanga lutho olunye ekuvinjezelweni nasekuxinekeni eziyakukuxina ngakho izitha zakho kuwo onke amasango akho.

56Owesifazane othambileyo notetemayo phakathi kwenu obengenasibindi sokubeka amathe onyawo lwakhe emhlabathini ngenxa yokutetema

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

nokuthambeka, iso lakhe liyakuba libi endodeni esesifubeni sakhe, nasendodaneni yakhe, nasendodakazini yakhe,

57nakumzanyama wakhe ophuma phakathi kwezinyawo zakhe,
nakubantwana bakhe ayakubazala, ngokuba uyakubadla ngasese ekusweleni kwakhe ekuvinjezelweni nasekuxinekeni eziyakukuxina ngakho izitha zakho kuwo onke amasango akho.

58 Uma ungaqapheli ukuwenza onke amazwi alo mthetho alotshiwe kule ncwadi ukuba ulesabe igama lakhe elidumisekayo nelesabekayo elithi UJEHOVA UNKULUNKULU WAKHO,

59uJehova uyakwenza izifo zakho ukuba zimangalise, kanye nezifo zenzalo yakho, izifo ezinkulu ezihlala isikhathi eside nokugula okubi okuhlala isikhathi eside.

60Uyakubuyisela phezu kwakho zonke izifo zaseGibithe owazesabayo, zinamathele kuwe.

61Konke ukugula nazo zonke izifo okungalotshiwe encwadini yalo mthetho, lokho uJehova uyakukukhweza phezu kwakho, uze ubhujiswe.

62 Niyakushiywa nibe yingcosana, ingani naningangezinkanyezi zezulu ngobuningi, ngokuba awulilalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wakho.

63 Kuyakuthi njengalokho uJehova wayejabula ngani ukunenzela okuhle nokunandisa, kanjalo uJehova ajabule ngani ukwenza ukuba nibhubhe, niqothulwe, nisishulwe ezweni eningena kulo ukulidla.

64 UJehova uyakukuhlakazela phakathi kwabantu bonke, kusukela kolunye uhlangothi lomhlaba kuze kufike kolunye uhlangothi lomhlaba, ukhonze lapho abanye onkulunkulu ongabaziyo, wena nawoyihlo, imithi namatshe.

65Phakathi kwalezo zizwe awuyikuthola ukuthula, kungabikho kuphumula ematheni onyawo lwakho, kepha uJehova uyakukunika khona inhliziyo eqhaqhazelayo, nokuphela kwamehlo, nokudangala komphefumulo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

66ukuphila kwakho kujikiswa phambi kwakho, wesabe ubusuku nemini, ungabe usaba nethemba ngokuphila kwakho;

67ekuseni uyakuthi: Sengathi ngabe kukusihlwa, nakusihlwa uyakuthi: Sengathi ngabe kusekuseni, ngenxa yengebhe yenhliziyo yakho oyakuba nayo nagenxa yokubonwa ngamehlo akho oyakukubona.

68 UJehova uyakukubuyisela eGibithe ngemikhumbi ngendlela engasho ngayo kuwe ukuthi: Awusayikuyibona futhi. Lapho niyakuzithengisa ezitheni zenu nibe yizigqila nezigqilakazi, ningathengwa muntu kodwa.

## UDuteronomi 29

### Inkulumo kaMose yokuyala

1 Nanka amazwi esivumelwano uJehova amyala ngaso uMose ukuba asenze nabantwana bakwa-Israyeli ezweni lakwaMowabi ngaphandle kwesivumelwano asenza nabo eHorebe.

2 UMose wabiza bonke abakwa-Israyeli, wathi kubo: Nibonile konke uJehova akwenzayo phambi kwamehlo enu ezweni laseGibithe kuFaro, nakuzo zonke izinceku zakhe, nakulo lonke izwe lakhe:

3 izinhlupheko ezinkulu azibonayo amehlo akho, nezibonakaliso, nezimangaliso lezo ezinkulu;

4 kepha uJehova akaninikanga inhliziyo yokwazi, namehlo okubona, nezindlebe zokuzwa kuze kube namuhla.

5 Nganihola iminyaka engamashumi amane ehlane; izingubo zenu aziguganga kini, nesicathulo asiguganga onyaweni lwenu.

6Anidlanga isinkwa, aniphuzanga iwayini noma uphuzo olunamandla, ukuze nazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu.

7 Ekufikeni kwenu kule ndawo uSihoni inkosi yaseHeshiboni no-Ogi inkosi yaseBashani basiphumela ukulwa, sabanqoba,

8 sathatha izwe lakubo, salinika laba yifa labakwaRubeni, nelabakwaGadi, nelenxenye yesizwe sabakwaManase.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ngalokho gcinani amazwi alesi sivumelwano, niwenze ukuba niphumelele
kukho konke enikwenzayo.

10 Nimi namuhla nonke phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu: izinhloko
zenu, nezizwe zenu, namalunga enu, nezinduna zenu, bonke abantu bakwa-
Israyeli,

11nezingane zenu, nawomkenu, nomfokazi ophakathi kwamakamu akho,
kusukela kumgawuli wemithi kuze kufike kumukhi wamanzi,

12ukuba ungene esivumelwaneni sikaJehova uNkulunkulu wakho,
nasesifungweni sakhe asenzayo nawe namuhla uJehova uNkulunkulu wakho,

13 ukuze azimisele wena namuhla ube yisizwe sakhe, yena abe
nguNkulunkulu wakho, njengalokho akhuluma kuwe, nanjengalokho afunga
koyihlo, o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe.

14Akenzi lesi sivumelwano nalesi sifungo nani nodwa,

15kepha nanomiyo nathi lapha namuhla phambi kukaJehova uNkulunkulu
wethu, nanongekho nathi namuhla

16ngokuba nina niyazi ukuthi sahlala ezweni laseGibithe nokuthi sadlula
phakathi kwezizwe enadabula kuzo,

17nizibonile izinengiso zazo, nezithombe zazo, imithi, namatshe, nesiliva,
negolide, okwakuphakathi kwazo

18 funa kube khona phakathi kwenu indoda, noma umfazi, noma umndeni,
noma isizwe esinhliziyo yaso ifulathela namuhla uJehova uNkulunkulu wethu
ukuyokhonza onkulunkulu balezo zizwe, kube phakathi kwenu impande
ethela inhlungunyembe nomhlonyane;

19kuze kuthi, lapho ezwa amazwi alesi sifungo, azibusise enhliziyweni yakhe
ngokuthi: Ngiyakuba nokuthula, noma ngihamba ngenkani yenhliziyo yami,
ukuze kuqedwe okuswakemeyo kanye nokomileyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 uJehova angamthetheleli, kepha intukuthelo kaJehova nomhawu wakhe kumvuthele lowo muntu, kuze kuthi zonke iziqalekiso ezilotshwe kule ncwadi zibe phezu kwakhe, uJehova alesule igama lakhe phansi kwezulu.

21UJehova uyakumahlukanisela ububi kuzo zonke izizwe zakwa-Israyeli njengeziqalekiso zonke zesivumelwano ezilotshwe kule ncwadi yomthetho.

22 Isizukulwane esizayo, abantwana benu abayakuvela emva kwenu, nomfokazi oyakuphuma ezweni elikude bayakusho, lapho bebona izinhlupheko zaleso sizwe, nezifo uJehova aligulise ngazo,

23 nezwe lonke langakhona ukuthi lishisiwe, liyisibabule nosawoti, lingenakutshalwa, lingenakho okumilayo, lingenambali ekhahlelayo, linjengokuchithwa kweSodoma neGomora neSeboyimi achithwa nguJehova ngentukuthelo yakhe nangolaka lwakhe;

24 yebo, bonke abantu bayakuthi: UJehova wenzeleni kanje kuleli zwe na? Kuthini ukuvutha kwalolu laka olukhulu na?

25 Bese kuthiwa: Ngokuba basishiya isivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wawoyise asenzayo nabo ekubakhipheni kwakhe ezweni laseGibithe,

26baya bakhonza abanye onkulunkulu, bakhuleka kubo, onkulunkulu abangabaziyo, angabahlukaniselanga bona,

27ngalokho intukuthelo kaJehova yavuthela leli zwe ukuba alehlisele zonke iziqalekiso ezilotshwe kule ncwadi;

28uJehova wabasiphula ezweni lakubo ngolaka nangokufutheka nangentukuthelo enkulu, wabaphonsa kwelinye izwe njenganamuhla.

29 Izimfihlakalo zingezikaJehova uNkulunkulu wethu, kepha okwambuliweyo kungokwethu nokwabantwana bethu kuze kube phakade ukuba siwenze onke amazwi alo mthetho.

## UDuteronomi 30

### Sisaqhubeka isiyalezo sikaMose

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Kuyakuthi lapho zonke lezi zinto sezikwehlele, isibusiso nesiqalekiso,
engizibekile phambi kwakho, uzindle ngazo enhliziyweni yakho phakathi
kwezizwe lapho uJehova uNkulunkulu wakho ekuxoshele khona,

2ubuyele kuJehova uNkulunkulu wakho, ulilalele izwi lakhe njengakho konke
engikuyala ngakho namuhla, wena nabantwana bakho, ngayo yonke inhliziyo
yakho nangawo wonke umphefumulo wakho,

3khona uJehova uNkulunkulu wakho uyakubuyisa ukuthunjwa kwakho,
akuhawukele, abuye akubuthe ezizweni zonke, lapho uJehova uNkulunkulu
wakho ekuhlakazele khona.

4Uma ekhona oxoshelwe nasekugcineni kwezulu, uJehova uNkulunkulu
wakho uyakukubutha khona, akulande khona,

5uJehova uNkulunkulu wakho akungenise ezweni oyihlo abalidlayo, ulidle;
uyakukwenzela okuhle, akwandise ngaphezu kwawoyihlo.

6 UJehova uNkulunkulu wakho uyakusoka inhliziyo yakho nenhliziyo yenzalo
yakho ukumthanda uJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo
yakho nangawo wonke umphefumulo wakho ukuba uphile.

7UJehova uNkulunkulu wakho uyakuzibeka zonke lezi ziqalekiso phezu
kwezitha zakho naphezu kwabakuzondayo ababekuzingela.

8Uyakubuya, ulilalele izwi likaJehova, uyenze yonke imiyalo yakhe
engikuyala ngayo namuhla.

9 UJehova uNkulunkulu wakho uyakukwandisa emisebenzini yonke yesandla
sakho, nasenzalweni yesisu sakho, nasenzalweni yezinkomo zakho,
nasezithelweni zomhlabathi wakho, kube kuhle, ngokuba uJehova uyakubuye
athokoze ngawe ukuba kube kuhle njengokuthokoza kwakhe ngawoyihlo,

10uma ulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wakho, ugcine imiyalo yakhe
nezimiso zakhe ezilotshwe kule ncwadi yomthetho, uma ubuyela kuJehova
uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho nangawo wonke
umphefumulo wakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Ngokuba lo myalo engikuyala ngawo namuhla awulukhuni kuwe, awukude.

12 Awusezulwini ukuba uthi: Ngubani oyakusikhuphukelela ezulwini, asilethele wona, siwuzwe, siwenze, na?

13Futhi awuphesheya kolwandle ukuba uthi: Ngubani oyakusiwelela ulwandle, asilethele wona, siwuzwe, siwenze, na?

14Cha, izwi liseduze kakhulu nawe, lisemlonyeni wakho nasenhliziyweni yakho ukuba ulenze.

15 Bheka, ngibeke namuhla phambi kwakho ukuphila nokuhle, ukufa nokubi,

16ngokukuyala namuhla ukuba umthande uJehova uNkulunkulu wakho, uhambe ngezindlela zakhe, ugcine imiyalo yakhe, nezimiso zakhe, nezahlulelo zakhe, ukuze uphile, wande, uJehova uNkulunkulu wakho akubusise ezweni ongena kulo ukulidla.

17 Kepha uma inhliziyo yakho iphenduka ukuze ungezwa, kepha uyengwe, ukhuleke kwabanye onkulunkulu, ubakhonze,

18ngiyanimemezela namuhla ukuthi niyakubhubha nokubhubha; aniyikuzandisa izinsuku zenu ezweni eniwela iJordani ukuba ningene kulo ukulidla.

19 Ngifakazisa namuhla izulu nomhlaba ngani ukuthi ngibeke phambi kwenu ukuphila nokufa, isibusiso nesiqalekiso; ngalokho khethani ukuphila ukuba niphile, wena nenzalo yakho,

20ukuba umthande uJehova uNkulunkulu wakho, ulilalele izwi lakhe, unamathele kuye, ngokuba lokho kungukuphila kwakho nobude bezinsuku zakho, ukuze uhlale ezweni uJehova alifungela oyihlo, o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe, ukubanika lona.

## UDuteronomi 31

### Isinqumo sokuba uJoshuwa athathe isikhundla sikaMose

1UMose waya ukukhuluma lawa mazwi kubo bonke abakwa-Israyeli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2wathi kubo: Ngineminyaka eyikhulu namashumi amabili namuhla;
angisenamandla okuphuma nokungena; uJehova ushilo kimi ukuthi:
Awuyikuliwela leli Jordani.

3 Kepha uJehova uNkulunkulu wakho uyakuwela phambi kwakho, achithe
lezi zizwe phambi kwakho, uzidle; uJoshuwa uyakuwela phambi kwakho
njengokukhuluma kukaJehova.

4UJehova uyakwenza kuzo njengokwenza kwakhe kuSihoni naku-Ogi
amakhosi ama-Amori nakulo izwe lakubo ababulalayo.

5 UJehova uyakuzinikela phambi kwenu, nenze kuzo njengemiyalo yonke
enginiyale ngayo.

6 Qinani, nime isibindi, ningesabi, ningashaywa luvalo ngabo, ngokuba
uJehova uNkulunkulu wakho nguyena ohamba nawe; akayikukuyeka,
akushiye.

7 UMose wambiza uJoshuwa, wathi kuye emehlweni abantu bonke bakwa-
Israyeli: Qina, ume isibindi, ngokuba uyakuhamba nalaba bantu, uye ezweni
uJehova afunga koyise ukubanika lona; wena uyakwenza ukuba balidle ifa
lalo.

8UJehova nguye ohamba phambi kwakho; uyakuba nawe; akayikukuyeka,
akushiye; ungesabi, ungabi nangebhe.

9UMose waloba lowo mthetho, wabanika wona abapristi, amadodana kaLevi,
ababethwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova namalunga onke akwa-
Israyeli.

10UMose wabayala wathi: Ngasekugcineni kweminyaka eyisikhombisa njalo,
ngesikhathi esinqunyiweyo somnyaka woyekelo ngomkhosi wamadokodo,

11 lapho wonke u-Israyeli efike ukubonakala phambi kukaJehova
uNkulunkulu wakho endaweni ayakuyikhetha, wofunda lo mthetho phambi
kuka-Israyeli wonke ezindlebeni zakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Butha abantu, amadoda, nabesifazane, nabantwana, nomfokazi wakho ophakathi kwamasango akho ukuba bezwe, bafunde, bamesabe uJehova uNkulunkulu wakho, baqaphele ukuwenza onke amazwi alo mthetho,

13nokuba abantwana babo abangawaziyo bezwe, bafunde ukumesaba uJehova uNkulunkulu wenu isikhathi sonke sokuhlala kwenu ezweni eniwela iJordani ukuba ningene kulo ukulidla.

14UJehova wathi kuMose: Bheka, izinsuku zakho sezisondele zokuba ufe; mbize uJoshuwa, nime etendeni lokuhlangana ukuba ngimyale. OMose noJoshuwa base behamba, bema etendeni lokuhlangana.

15UJehova wabonakala etendeni esensikeni yefu, insika yema ngasemnyango wetende.

16UJehova wathi kuMose: Bheka, wolala koyihlo; laba bantu bayakusuka, baye ukuphinga nawonkulunkulu babezizwe abasezweni abaya kulo ukuba bahlale phakathi kwabo, bangishiye, basaphule isivumelwano engisenzile nabo.

17Intukuthelo yami iyakubavuthela ngalolo suku, ngibashiye, ngifihle ubuso bami kubo; bayakudliwa, behlelwe ngokubi nezinhlupheko eziningi, baze bathi ngalolo suku: Lokhu okubi akusehlelanga yini ngokuba uNkulunkulu wethu engekho phakathi kwethu na?

18Mina ngiyakufihla nokufihla ubuso bami ngalolo suku ngenxa yakho konke okubi abayakube bekwenzile, lokhu bephendukele kwabanye onkulunkulu.

19 Ngalokho zilobeleni leli hubo, ulifundise abantwana bakwa-Israyeli, ulibeke emilonyeni yabo ukuba leli hubo libe ngufakazi wami ukumelana nabantwana bakwa-Israyeli.

20Ngokuba lapho sengibangenisile ezweni engalifungela oyise, elivame ubisi nezinyosi, badle, basuthe, bakhuluphale, bayakuphendukela kwabanye onkulunkulu, babakhonze, bangidelele, basaphule isivumelwano sami.

21Kuyakuthi lapho sebehlelwe ngokubi nezinhlupheko eziningi, leli hubo lifakaze phambi kwabo njengofakazi, ngokuba aliyikukhohlakala emilonyeni

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

yenzalo yabo, lokhu ngiyazi imicabango yabo abayicabangayo namanje, ngingakabangenisi ezweni engalifungela bona.

22UMose wayeseloba leli hubo ngalona lolo suku, walifundisa abantwana bakwa-Israyeli.

23Wamyala uJoshuwa indodana kaNuni, wathi: Qina, ume isibindi, ngokuba wena uyakubangenisa abantwana bakwa-Israyeli ezweni engalifungela bona; mina ngiyakuba nawe.

24Kwathi lapho uMose eseqedile ukuloba amazwi alo mthetho encwadini aze aphela,

25uMose wawayala amaLevi ayethwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova, wathi:

26 Thathani le ncwadi yomthetho, niyibeke ngaseceleni komphongolo wesivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wenu, ibe khona, ibe ngufakazi, imelane nani.

27Ngokuba mina ngiyakwazi ukwambuka kwakho nentamo yakho elukhuni; bheka, ngisekhona nani namuhla niyahlubuka uJehova; kuyakuba kakhulu kangakanani emva kokufa kwami na?

28Ngibuthele onke amalunga ezizwe zenu nezinduna zenu ukuba ngikhulume lawa mazwi ezindlebeni zazo, ngifakazise izulu nomhlaba ngazo.

29Ngokuba ngiyazi ukuthi emva kokufa kwami niyakona nokona, niphambuke endleleni enginiyale ngayo, ububi bunehlele ngezinsuku ezizayo, ngokuba niyakwenza okubi emehlweni kaJehova, nimthukuthelise ngemisebenzi yezandla zenu.

30UMose wayesekhuluma ezindlebeni zebandla lonke lakwa-Israyeli amazwi ehubo lakhe, aze aphela.

## UDuteronomi 32

### Ihubo lokuvalelisa kukaMose

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Bekani indlebe nina mazulu, ngiyakukhuluma; umhlaba mawuzwe amazwi
omlomo wami.

2 Imfundiso yami iyakuconsa njengemvula, inkulumo yami ichiche
njengamazolo, njengomkhizo ohlazeni, nanjengezihlambi etshanini,

3 ngokuba ngiyakumemezela igama likaJehova: mnikeni uNkulunkulu wethu
ubukhulu.

4 Uyidwala, umsebenzi wakhe uphelele, ngokuba zonke izindlela zakhe
zingukulunga; unguNkulunkulu wokuthembeka ongenakonakala; ulungile,
uqotho yena.

5 Bonile kuye; abasibo abantwana bakhe, kuyisici sabo; bayisizukulwane
esiphambeneyo nesiyisigwegwe.

6 UJehova nimvuza kanjalo nina bantu abayiziwula nabangahlakaniphile na?
Akasiye uyihlo owakudala na? Wakwenza, wakubumba.

7 Khumbula izinsuku zasendulo, ubheke iminyaka yezizukulwane
ngezizukulwane; buza kuyihlo, uyakukulandisa, nasemalungeni akho,
akutshele.

8 Lapho oPhezukonke wazinika izizwe ifa lazo, lapho wahlukanisa abantwana
babantu, wamisa imikhawulo yezizwe njengokomumo wabantwana bakwa-
Israyeli.

9 Ngokuba isabelo sikaJehova singabantu bakhe; uJakobe uyisiqephu sefa
lakhe.

10 Wamfumana ezweni eliyihlane, nasoqwatheni lomkhulungwane
kwahlongasibi, wamzungeza, wamnakekela, wamgcina njengenhlamvu yeso
lakhe.

11 Njengokhozi olunyakazisa isidleke salo, lubhakuza phezu kwamazinyane
alo, wawelula amaphiko akhe, wabathatha, wabathwala ngezimpaphe zakhe.

12 UJehova yedwa wamhola, akwabakho unkulunkulu wabezizwe naye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

13 Wamkhwelisa ezindaweni eziphakemeyo zomhlaba, wadla izithelo zamasimu, wammuncisa izinyosi edwaleni, namafutha eweni lensengetsha,

14 namangqanga ezinkomo, nobisi lwezimvu, namafutha amawundlu, nezinqama zohlobo lwaseBashani, nezimbuzi, namanoni omongo kakolweni; egazini lezithelo zomvini waphuza iwayini.

15 UJeshuruni wayesekhuluphala, wakhaba; usukhuluphele, uzimukile, uchachambile; wayesemshiya uNkulunkulu owamenza, walidelela iDwala lensindiso yakhe.

16 Bamvusela umhawu ngawonkulunkulu babezizwe, bamthukuthelisa ngezinengiso.

17 Bahlabela amademoni angesibo onkulunkulu, onkulunkulu ababengabazi, onkulunkulu abasha, abasandUkuqhamuka, ababengesatshwa ngoyihlo.

18 IDwala elakuzalayo awusalinakekeli, ukhohliwe uNkulunkulu owakudalayo.

19 UJehova wakubona, wanengwa yibo, ngenxa yokuncokoloza kwamadodana akhe namadodakazi akhe.

20 Wayesethi: Ngiyakubafihlela ubuso bami, ngibone ukugcina kwabo ukuthi kuyakuba yini; ngokuba bayisizwe esiphambeneyo, abantwana okungekho kubo ukukholwa.

21 Bangivusele umhawu ngokungesiye uNkulunkulu, bangithukuthelisile ngamaze abo; ngiyakubavusela umhawu ngabangesiso isizwe, ngibathukuthelise ngesizwe esiyisiwula.

22 Ngokuba umlilo uphenjiwe entukuthelweni yami; uyasha kuze kube sendaweni yabafileyo engaphansi, uqede umhlaba nezithelo zawo, wokhele izisekelo zezintaba.

23 Ngiyakubanqwabelela izinhlupheko, ngiqedele imicibisholo yami phezu kwabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

24 Bayakuphela indlala, baqedwe ngukushisa komzimba, nayisifo
esibuhlungu, ngibathumele amazinyo ezilwane, kanye nesihlungu
sezikhasayo othulini.

25 Ngaphandle inkemba iyakwaphuca, ingebhe phakathi emakamelweni:
izinsizwa nezintombi, oncelayo kanye nempunga.

26 Bengiyakuthi: Ngiyakubaphephula, ngiqede inkumbulo yabo kubantu,

27 uma bengingesabi ukuncokoloza kwezitha, funa abamelene nabo baduke,
funa bathi: Isandla sethu siphakeme, uJehova akenzanga konke lokhu.

28 Ngokuba bayisizwe esimasu aso aphelile, akukho ukuqonda kubo.

29 Sengathi nga behlakaniphile ukuba bakuqonde lokho, bazindle ngokugcina
kwabo.

30 Emunye angaxosha kanjani inkulungwane; ababili bangabhengula kanjani
izinkulungwane eziyishumi, uma iDwala labo lingathengisanga ngabo,
uJehova ebengabakhapheli, na?

31 Ngokuba idwala labo alinjengeDwala lethu; nezitha zethu ziyakubona.

32 Ngokuba umvini wabo ungumvini waseSodoma nowamasimu aseGomora;
izithelo zabo ziyizithelo zenyongo, amahlukuzo abo amunyu;

33 iwayini labo liyisihlungu sawodrako, lingubuthi obesabekayo bamabululu.

34 Lokho akubekelelwe kimina, kunamathelisiwe engcebeni yami na?

35 Ngeyami impindiselo nembuyiselo ngesikhathi sokushelela konyawo
lwabo, ngokuba usuku lwabo lwengozi selusondele, izinto abazilungiselweyo
ziyakuphuthuma.

36 Ngokuba uJehova uyakubahlulela abantu bakhe, azihawukele izinceku
zakhe, lapho ebona ukuthi amandla abo aphelile, kungekho omunye
ovalelweyo noma okhululekileyo.

37 Uyakuthi: Baphi onkulunkulu babo, idwala ababephephela kulo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

38 ababedla amanoni emihlatshelo yabo, beliphuza iwayini lomnikelo wabo wokuphuzwa, na? Mabavuke, banisize, babe yisivikelo senu.

39 Bonani manje ukuthi mina, yebo, mina nginguye, akakho unkulunkulu ngaphandle kwami; mina ngiyabulala, besengiphilisa, ngilimazile, kepha ngiyakupholisa; akakho ongophula esandleni sami.

40 Ngokuba ngiyaphakamisela isandla sami ezulwini, ngithi: Mina ngiyaphila kuze kube phakade:

41 uma ngilola inkemba yami ebenyezelayo, nesandla sami sibambelela ekwahluleleni, ngiyakubuyisela impindiselo kwabamelene nami, ngibaphindisele abangizondayo.

42 Ngiyakudakisa imicibisholo yami ngegazi, inkemba yami idle inyama, ngegazi lababuleweyo nelabathunjwa, kuqala kuwo amakhanda abaholi bezitha.

43 Yenanelani abantu bakhe nina zizwe, ngokuba uyakuphindisela igazi lezinceku zakhe, abuyisele impindiselo kwabamelene naye, enzele izwi lakhe nabantu bakhe ukubuyisana.

44 UMose wafika wakhuluma onke amazwi aleli hubo ezindlebeni zabantu, yena noJoshuwa indodana kaNuni.

45 UMose eseqedile ukukhuluma onke lawa mazwi kubo bonke abakwa-Israyeli

46 wathi kubo: Bekani inhliziyo yenu kuwo onke amazwi engiwafakazela kini namuhla, eniyakuyala ngawo abantwana benu ukuba baqaphele ukuwenza amazwi onke alo mthetho.

47 Ngokuba akusiyo into eyize kini; lokho kungukuphila kwenu, nangale nto niyakuzandisa izinsuku zenu ezweni eniwela iJordani ukuba ningene kulo ukulidla.

48 UJehova wayesekhuluma kuMose ngalona lolo suku, ethi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

49 Khuphukela entabeni yase-Abarimi, intaba yaseNebo esezweni
lakwaMowabi, emalungana neJeriko, ulibheke izwe laseKhanani engibanika
lona abantwana bakwa-Israyeli ukuba libe yifa labo,

50 ufele kuleyo ntaba okhuphukela kuyo, ubuthelwe kubantu bakini,
njengalokho u-Aroni umfowenu wafela entabeni yaseHori, wabuthelwa
kubantu bakubo,

51 ngokuba naphambuka kimi phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli
ngasemanzini aseMeriba laseKadeshi ehlane laseSini, lokhu
ningangingcwelisanga phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

52 Uyakulibona izwe phambi kwakho, kepha awuyikungena khona, izwe
engibanika lona abantwana bakwa-Israyeli.

## UDuteronomi 33

### UMose ubusisa izizwe zakwa-Israyeli

1 Nasi isibusiso uMose, umuntu kaNkulunkulu, abusisa ngaso abantwana
bakwa-Israyeli, engakafi; wathi:

2 UJehova wavela eSinayi, wabaphumela evela eSeyiri, wanyampuza
entabeni yasePharanu, weza ephuma ezigidini zendawo engcwele;
ngakwesokunene sakhe kwavutha umlilo.

3 Yebo, uyazithanda izizwe, bonke abangcwele bakhe basesandleni sakho;
bahlala ngasezinyaweni zakho, bamukele okwamazwi akho.

4 UMose wasiyaleza umthetho, ifa lenhlangano kaJakobe.

5 Waba yinkosi eJeshuruni, lapho izinhloko zabantu zazibuthene, zonke
izizwe zakwa-Israyeli zindawonye.

6 Makaphile uRubeni, angafi; amadoda akhe abe ngumumo omkhulu.

7 Nalokhu wathi ngoJuda: Yizwa, Jehova, izwi likaJuda, umlethe kubantu
bakubo; izandla zakho mazimlwele, ube lusizo kwabamelene naye.

8 NgoLevi wathi: AmaThumimi nama-Urimi akho akuye othembekileyo
wakho, owamvivinya eMasa, owaphikisana naye ngasemanzini aseMeriba,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

9 owathi ngoyise nangonina: Angibabonanga, angabavuma futhi abafowabo,
angabazi abantwana bakhe, ngokuba baliqaphele izwi lakho, bagcina
isivumelwano sakho.

10Bafundisa uJakobe izahlulelo zakho, no-Israyeli umthetho wakho; babeka
impepho phambi kwamakhala akho, nomnikelo oshiswa wonke e-altare
lakho.

11Busisa, Jehova, amandla akhe, uyamukele imisebenzi yezandla zakhe; sicila
ukhalo lwabo abamvukelayo, nolwabamzondayo, ukuba bangaphindi bavuke.

12NgoBenjamini wathi: Othandiweyo kaJehova uyakuhlala elondwa nguye;
uyamsibekela usuku lonke, ahlale phakathi kwamahlombe akhe.

13NgoJosefa wathi: Izwe lakhe malibusiswe nguJehova ngamagugu
asezulwini, nangamazolo, nangotwa olwenabileyo phansi,

14nangamagugu ezithelo zelanga, nangamagugu ezinhlamvu zenyanga,

15nangezinto ezinqabileyo zezintaba zamandulo, nangamagugu amagquma
angunaphakade,

16 nangamagugu omhlaba nokugcwala kwawo, nangentando enhle yowahlala
esihlahleni; isibusiso masifike ekhanda likaJosefa nasokhakhayini
lowahlukaniswa nabafowabo.

17 Izibulo lenkunzi yakhe liludumo lwakhe, nezimpondo zenyathi
ziyizimpondo zakhe; uyakuqhubukusha ngazo izizwe zonke ekugcineni
komhlaba; zinjalo izigidi zakwa-Efrayimi, zinjalo izinkulungwane
zakwaManase.

18NgoZebuloni wathi: Yenama, Zebuloni, ekuphumeni kwakho, nawe Isakare,
ematendeni akho.

19Bayakubizela izizwe entabeni, bahlabele khona imihlatshelo yokulunga;
ngokuba bayakumunca inala yezilwandle, nengcebo ethukusiweyo
yesihlabathi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]NgoGadi wathi: Makabusiswe owandisa uGadi: uhlezi njengengonyamakazi, udwengula ingalo nokhakhayi.

[21] Wazikhethela isabelo sokuqala, ngokuba sasigodliwe lapho isabelo somahluleli; wahamba nezinhloko zabantu, wafeza ukulunga kukaJehova, nezahlulelo zakhe kanye no-Israyeli.

[22]NgoDani wathi: UDani uyibhongo lengonyama, elixhumayo, liphuma eBashani.

[23]NgoNafetali wathi: Nafetali, wanelisiwe ngomusa, ugcwele isibusiso sikaJehova: yidla wena intshonalanga neningizimu.

[24]Ngo-Asheri wathi: U-Asheri makabusiswe phezu kwabantwana, amukeleke kubafowabo, acwilise unyawo lwakhe emafutheni.

[25]Imigoqo yakho iyakuba ngeyensimbi neyethusi, nanjengezinsuku zakho oba njalo amandla akho.

[26] Akakho ofana noNkulunkulu, Jeshuruni, okhwela izulu ukuyokusiza, nomkhathi ngokuphakama kwakhe.

[27] UNkulunkulu wasendulo uyisiphephelo, nangaphansi zikhona izingalo ezingunaphakade; wazixosha izitha phambi kwakho, wathi: Chitha.

[28] U-Israyeli usehlezi elondekile; umthombo kaJakobe wahlukene wodwa ezweni lamabele nelewayini; yebo, amazulu akhe aconsisa amazolo.

[29]Ubusisiwe wena Israyeli; ngubani ofana nawe, isizwe esisindisiwe nguJehova oyisihlangu sosizo lwakho, oyinkemba yakho ephakanyisiweyo. Izitha zakho ziyakuzithobela wena, unyathele izindawo zabo eziphakemeyo.

## UDuteronomi 34

### Ukufa kukaMose

[1] UMose wakhuphuka emathafeni akwaMowabi, waya entabeni yaseNebo esiqongweni sasePisiga esimalungana neJeriko. UJehova wamtshengisa izwe lonke lakwaGileyadi kwaze kwaba kwaDani,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 noNafetali wonke, nezwe lakwa-Efrayimi, nelakwaManase, nezwe lonke
lakwaJuda kwaze kwaba selwandle lwasentshonalanga,

3 neNingizimu, nethafa lesigodi saseJeriko umuzi wamasundu kwaze
kwabaseSowari.

4 UJehova wathi kuye: Nanti izwe engalifungela o-Abrahama, no-Isaka,
noJakobe, ngathi: Ngiyakunika lona inzalo yakho. Ngikubonise lona
ngamehlo akho, kepha awuyikuwela khona.

5 Wayesefela khona ezweni lakwaMowabi uMose inceku kaJehova njengezwi
likaJehova.

6 Wammbela esigodini sasezweni lakwaMowabi malungana neBeti Peyori,
kepha akukho muntu olaziyo ithuna lakhe kuze kube namuhla.

7 UMose wayeneminyaka eyikhulu namashumi amabili ekufeni kwakhe; iso
lakhe lalingafiphele, amandla akhe ayengakanciphi.

8 Abantwana bakwa-Israyeli bamkhalela uMose emathafeni akwaMowabi
izinsuku ezingamashumi amathathu; zaphela-ke izinsuku zokukhala
ekumlileleni uMose.

9 UJoshuwa indodana kaNuni wayegcwele umoya nokuhlakanipha, ngokuba
uMose wayebekile izandla zakhe phezu kwakhe; abantwana bakwa-Israyeli
bamlalela-ke, benza njengalokho uJehova emyalile uMose.

10 Akuvelanga ngasemuva kwa-Israyeli umprofethi onjengoMose, owazana
noJehova ubuso nobuso

11 ngezibonakaliso nangezimangaliso zonke amthumela uJehova ukuba azenze
ezweni laseGibithe kuFaro, nakuzo zonke izinceku zakhe, nakulo lonke izwe
lakubo,

12 nangesandla sonke esinamandla nangayo yonke ingebhe enkulu akwenza
uMose emehlweni abo bonke abakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UJoshuwa

## UJoshuwa 1

### UJehova uyala uJoshuwa ukuwela iJordani

1 Kwathi emva kokufa kukaMose inceku kaJehova, uJehova wakhuluma kuJoshuwa indodana kaNuni, isikhonzi sikaMose, wathi:

2 UMose inceku yami ufile; ngalokho suka uwele leli Jordani, wena nalaba bantu bonke, niye ezweni engibanika lona abantwana bakwa-Israyeli.

3 Zonke izindawo ayakunyathela kuzo amathe onyawo lwenu ngininikile zona, njengalokho ngakhuluma kuMose.

4 Kusukela ehlane nakuleli Lebanoni kuze kufike emfuleni omkhulu, umfula u-Ewufrathe, lonke izwe lamaHeti, nakuze kube seLwandle Olukhulu ngasentshonalanga, kuyakuba ngumkhawulo wenu.

5 Akuyikubakho muntu ongema phambi kwakho zonke izinsuku zokuhamba kwakho; njengalokho nganginaye uMose, kanjalo ngiyakuba nawe; angiyikukuyeka, angiyikukushiya.

6 Qina, ume isibindi, ngokuba uyakwenza ukuba laba bantu badle izwe engalifungela oyise ukubanika lona.

7 Qina kuphela, ume isibindi kakhulu, uqaphele ukwenza ngokomthetho wonke akuyala ngawo uMose inceku yami, ungaphambuki kuwo ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo ukuba ube nempumelelo nomaphi lapho uya khona.

8 Le ncwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wakho, kepha wozindla ngayo imini nobusuku ukuba uqaphele ukwenza njengakho konke okulotshwe kuyo, ngokuba lapho uyakuhlahlamelisa indlela yakho, uphumelele kahle.

9 Angikuyalile na? Qina, ume isibindi, ungesabi, ungabi naluvalo, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho unawe nomaphi lapho uya khona.

10 UJoshuwa wayeseyala izinduna zabantu, ethi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[11] Dabulani phakathi kwekamu, niyale abantu, nithi: Zilungiseleni umphako, ngokuba emva kwezinsuku ezintathu niyakuwela leli Jordani, ningene ukuba nilidle izwe uJehova uNkulunkulu wenu aninika lona ukuba nilizuze.

### Isiyalezo sikaJoshuwa ukuba izizwe zasempumalanga zisize ukunqoba izwe elingasentshonalanga kweJordani

[12]UJoshuwa wakhuluma kwabakwaRubeni, nabakwaGadi, nakuyo inxenye yesizwe sakwaManase, wathi:

[13] Khumbulani izwi aniyala ngalo uMose inceku kaJehova, ethi: UJehova uNkulunkulu wenu uyakuniphumuza, aninike leli zwe.

[14]Omkenu, nabantwana benu, nezinkomo zenu bayakuhlala ezweni uMose aninika lona ngaphesheya kweJordani; kepha nina niyakuwela phambi kwabafowenu nihlomile, nonke nina maqhawe anamandla, nibasize,

[15]uJehova aze aphumuze abafowenu njengani, nabo badle izwe uJehova uNkulunkulu wenu abanika lona, andukuba nibuyele ezweni lefa lenu aninika lona uMose inceku kaJehova ngaphesheya kweJordani ngasempumalanga, nilidle.

[16]Bamphendula uJoshuwa, bathi: Konke osiyale ngakho siyakukwenza; nomaphi lapho usithuma khona, siyakuya khona.

[17]Njengalokho samlalela kukho konke, kanjalo siyakulalela wena; kepha, kuphela uJehova uNkulunkulu wakho, makabe kuwe njengalokho wayenoMose.

[18]Yilowo nalowo oyakuhlubuka ezwini lakho, angalaleli amazwi akho kukho konke omyala ngakho, uyakubulawa; qina kuphela, ume isibindi.

## UJoshuwa 2

### Izinhloli zithunywa eJeriko, zamukelwa nguRahabi

[1] UJoshuwa indodana kaNuni wathuma ngasese eseShithimi amadoda amabili abe yizinhloli, wathi: Hambani nibone izwe neJeriko. Basuka, bafika endlini yesifebe esigama laso linguRahabi, balala khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Inkosi yaseJeriko yatshelwa; kwathiwa: Bheka, kwafika lapha ebusuku amadoda abantwana bakwa-Israyeli ukuba ahlole izwe.

3Inkosi yaseJeriko yathumela kuRahabi, yathi: Khipha lawo madoda afikile kuwe, angena endlini yakho, ngokuba ezile ukuzohlola izwe lonke.

4Owesifazane wayesethatha lawo madoda omabili, wawathukusa, wathi: Kunjalo; amadoda afika kimi, kepha ngangingazi ukuthi avelaphi;

5kwathi ngesikhathi sokuvalwa kwesango lapho sekumnyama, amadoda aphuma; angazi ukuthi ayaphi lawo madoda; sheshani niwaxoshe, ngokuba niyakuwafica.

6Kepha wayewenyusele ophahleni, wawashumeka ezinhlangeni zefilakisi abezihlelile ophahleni.

7Abantu bawaxosha endleleni eya eJordani emazibukweni; sebephumile abawaxosha, bavala isango.

8Engakalali, wenyukela kuwo ophahleni;

9 wathi kumadoda: Ngiyazi ukuthi uJehova uninikile izwe, nokuthi sehlelwe ngukunesaba, nokuthi bonke abakhileyo ezweni baphela amandla phambi kwenu.

10 Ngokuba sizwile ukuthi uJehova womisa amanzi oLwandle Olubomvu phambi kwenu ekuphumeni kwenu eGibithe nokuthi wenzani kuwo amakhosi amabili ama-Amori ayengaphesheya kweJordani, oSihoni no-Ogi, enawaqothulayo.

11 Sathi sikuzwa lokho, izinhliziyo zethu zaphela amandla, akwabe kusabakho sibindi kumuntu phambi kwenu, ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu unguNkulunkulu ezulwini phezulu nasemhlabeni phansi.

12Ngalokho ake nifunge manje uJehova kimi, njengokuba nginenzele umusa, ukuba nani niyenzele indlu kababa umusa, ningiphe uphawu oluqinisileyo,

13nisindise ubaba, nomame, nabafowethu, nawodadewethu, nabo bonke abanabo, nophule imiphefumulo yethu ekufeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Athi amadoda kuye: Mayife imiphefumulo yethu esikhundleni senu; uma ningavezi obala le ndaba yethu, siyakunenzela umusa neqiniso lapho uJehova esinika izwe.

15 Wayesewehlisa ngentambo ngasefasiteleni, ngokuba indlu yakhe yayingasogangeni lomuzi, wahlala ngasogangeni.

16 Wathi kuwo: Khuphukelani entabeni, funa abanixoshayo banifice, nicashe khona izinsuku ezintathu, ukuze abanixoshayo babuye, andukuba nihambe indlela yenu.

17 Ayesethi amadoda kuye: Thina asinacala ngaleso sifungo sakho osifungise sona,

18 uma ekufikeni kwethu ezweni ungabophi le ntambo ebomvu efasiteleni osehlise ngalo, uzibuthele endlini yakho uyihlo, nonyoko, nabafowenu, nabendlu bonke bakayihlo.

19 Kuyakuthi yilowo nalowo ophumela ngaphandle kweminyango yendlu yakho, igazi lakhe libe sekhanda lakhe, thina singabi nacala; kodwa lowo okuwe endlini, igazi lakhe liyakuba sekhanda lethu, uma sibekwa isandla kuye.

20 Kepha uma uveza obala le ndaba yethu, asiyikuba nacala ngesifungo sakho osifungise sona.

21 Wathi: Makube njengamazwi enu. Wayesewamukisa ahamba; wabopha intambo ebomvu efasiteleni.

22 Asuka aya entabeni, ahlala khona izinsuku ezintathu, baze babuya abawaxoshayo; abaxoshayo babewafuna indlela yonke, abaze bawafumana.

23 Ayesebuya lawo madoda omabili, ehla entabeni, awela, afika kuJoshuwa indodana kaNuni, amtshela konke okuwehleleyo.

24 Athi kuJoshuwa: UJehova unikile ezandleni zethu izwe lonke; bonke abakhileyo ezweni baphela amandla phambi kwethu.

## UJoshuwa 3

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

### Ukuwela iJordani

1 UJoshuwa wavuka ekuseni kakhulu, basuka eShithimi, bafika eJordani, yena nabo bonke abantwana bakwa-Israyeli, balala khona ebusuku bengakaweli.

2 Kwathi emva kwezinsuku ezintathu izinduna zadabula phakathi kwekamu.

3 Zayala abantu, zathi: Nxa nibona umphongolo wesivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wenu nabapristi bamaLevi bewuthwala, niyakusuka endaweni yenu, niwulandele.

4 Nokho kuyakuba khona ibanga phakathi kwenu nawo, lingangezingalo eziyizinkulungwane ezimbili ngokulinganisa, ningasondeli kuwo, ukuba nazi indlela eniyakuhamba ngayo, ngokuba anidlulanga ngale ndlela phambili.

5 UJoshuwa wathi kubantu: Zingcweliseni, ngokuba kusasa uJehova uyakwenza izimangaliso phakathi kwenu.

6 UJoshuwa wakhuluma kubapristi, wathi: Phakamisani umphongolo wesivumelwano, niwele phambi kwabantu. Baphakamisa-ke umphongolo wesivumelwano, bahamba phambi kwabantu.

7 UJehova wathi kuJoshuwa: Namuhla ngizakuqala ukukukhulisa emehlweni abo bonke abakwa-Israyeli ukuba bazi ukuthi njengalokho nganginoMose, kanjalo ngiyakuba nawe.

8 Wobayala abapristi abathwala umphongolo wesivumelwano, uthi: Nxa senifikile onqenqemeni lwamanzi aseJordani, niyakuma ngaseJordani.

9 UJoshuwa wathi kubantwana bakwa-Israyeli: Sondelani lapha, nizwe amazwi kaJehova uNkulunkulu wenu.

10 Wathi uJoshuwa: Niyakwazi ngalokhu ukuthi uNkulunkulu ophilayo uphakathi kwenu nokuthi uyakuxosha nokuxosha phambi kwenu amaKhanani, namaHeti, namaHivi, namaPherizi, namaGirigashi, nama-Amori, namaJebusi.

11 Bhekani, umphongolo wesivumelwano seNkosi yomhlaba wonke uwela iJordani phambi kwenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngalokho zithatheleni manje amadoda ayishumi nambili ezizweni zakwa-Israyeli, indoda ibenye ngesizwe.

13 Kuyakuthi lapho amathe ezinyawo zabapristi abathwala umphongolo kaJehova, iNkosi yomhlaba wonke, eyakuma emanzini aseJordani, amanzi aseJordani anqamuke, amanzi avela ngenhla, eme nqwabanye.

14 Kwathi lapho abantu besuka ematendeni abo ukuba bawele iJordani, abapristi abathwala umphongolo wesivumelwano bephambi kwabantu,

15 nalapho abathwala umphongolo sebefikile eJordani, izinyawo zabapristi abathwala umphongolo zicwilile onqenqemeni lwamanzi aseJordani eligcwele phezu kwalo lonke ugu lwalo izinsuku zonke zokuvuna,

16 ayesema amanzi avela ngenhla, afukuka aba nqwabanye kude kakhulu ngase-Adamu, umuzi oseceleni kweSaretani; lawo ewuka eya ngaseLwandle lwase-Araba, uLwandle Lukasawoti, anqamuka impela; abantu base bewela maqondana neJeriko.

17 Abapristi abathwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova bema baqina emhlabathini owomileyo ngaphakathi neJordani, abantu bonke bawela emhlabathini owomileyo, saze sawela iJordani isizwe sonke saphelela.

## UJoshuwa 4

### Amatshe ezikhumbuzo eGiligali naseJordani

1 Kwathi lapho isizwe sonke sesiwele iJordani saphelela, uJehova wakhuluma kuJoshuwa, wathi:

2 Zithatheleni amadoda ayishumi nambili, indoda ibenye ngesizwe,

3 niwayale nithi: Zikhipheleni lapha phakathi kweJordani, endaweni lapho izinyawo zabapristi zazimi khona ziqinile, amatshe ayishumi nambili, niwele nawo, niwabeke endaweni eniyakulala kuyo ebusuku.

4 UJoshuwa wayesebiza lawo madoda ayishumi nambili ayewakhethile kubantwana bakwa-Israyeli, indoda inye ngesizwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5UJoshuwa wathi kuwo: Welani phambi komphongolo kaJehova
uNkulunkulu wenu, niye phakathi kweJordani, netshathe, kube yilowo
nalowo itshe ehlombe lakhe njengokomumo wezizwe zabantwana bakwa-
Israyeli

6 ukuba lokho kube yisikhumbuzo phakathi kwenu, kuze kuthi lapho
abantwana benu bebuza ngesikhathi esizayo, bethi: Ayini lawa matshe kini
na?

7anothi kubo: Kungokuba amanzi aseJordani enqamuka phambi
komphongolo wesivumelwano sikaJehova; ekuweleni kwawo iJordani amanzi
aseJordani anqamuka; lawa matshe ayakuba yisikhumbuzo kubantwana
bakwa-Israyeli kuze kube phakade.

8Abantwana bakwa-Israyeli benza-ke njengalokho uJoshuwa ebayalile,
bakhipha amatshe ayishumi nambili phakathi kweJordani, njengalokho
uJehova ekhulumile kuJoshuwa, njengokomumo wezizwe zabantwana
bakwa-Israyeli; bawela nawo, baya endaweni yokulala, bawabeka khona.

9UJoshuwa wamisa amatshe ayishumi nambili phakathi neJordani, endaweni
lapho izinyawo zabapristi abathwala umphongolo zazimi khona; akhona kuze
kube namuhla.

10Abapristi abathwala umphongolo babemi phakathi neJordani, kwaze
kwaphelela konke uJehova amyale ngakho uJoshuwa ukuba akukhulume
kubantu njengakho konke uMose abemyale ngakho uJoshuwa; abantu
bashesha bawela.

11Kwathi lapho bonke abantu sebewelile baphelela, umphongolo kaJehova
wawela kanye nabapristi emehlweni abantu.

12Abantwana bakwaRubeni, nabantwana bakwaGadi, nenxenye yesizwe
sakwaManase bawela behlomile phambi kwabantwana bakwa-Israyeli,
njengalokho uMose ebekhulumile kubo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13kwawela phambi kukaJehova kungathi abayizinkulungwane ezingamashumi amane behlomele ukulwa ukuba baphume impi, baye emathafeni aseJeriko.

14 Ngalolo suku uJehova wamkhulisa uJoshuwa emehlweni abo bonke abakwa-Israyeli; bamesaba njengalokho babemesaba uMose izinsuku zonke zokuhamba kwakhe.

15UJehova wakhuluma kuJoshuwa, wathi:

16 Yala abapristi abathwala umphongolo wesivumelwano ukuba benyuke eJordani.

17UJoshuwa wayala-ke abapristi, wathi: Yenyukani eJordani.

18 Kwathi lapho abapristi abathwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova sebenyuke phakathi kweJordani, amathe ezinyawo zabapristi esefike emhlabathini owomileyo, amanzi aseJordani abuyela endaweni yawo, aphuphuma lonke ugu njengakuqala.

19Abantu benyuka eJordani ngolweshumi lwenyanga yokuqala, bamisa eGiligali emkhawulweni wangasempumalanga kwaseJeriko.

20Lawo matshe ayishumi nambili abawakhipha eJordani wawamisa eGiligali.

21Wakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli, wathi: Nxa abantwana benu beyakubuza oyise ngesikhathi esizayo, bethi: Ayini lawa matshe na?

22anobazisa abantwana benu, nithi: U-Israyeli wawela leli Jordani emhlabathini owomileyo,

23 ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu wawamisa amanzi aseJordani phambi kwenu, naze nawela, njengalokho uJehova uNkulunkulu wenu wenza eLwandle Olubomvu, alomisa phambi kwethu, saze sawela,

24ukuba abantu bonke bomhlaba bazi isandla sikaJehova ukuthi sinamandla, nesabe uJehova uNkulunkulu wenu kuze kube phakade.

## UJoshuwa 5

### Abantwana bakwa-Israyeli

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Kwathi onke amakhosi ama-Amori ayengaphesheya kweJordani ngasentshonalanga, nawo onke amakhosi amaKhanani ayengaselwandle esezwa ukuthi uJehova womise amanzi aseJordani phambi kwabantwana bakwa-Israyeli saze sawela, izinhliziyo zabo zaphela amandla, kungabe kusaba khona sibindi ngenxa yabantwana bakwa-Israyeli.

2 Ngaleso sikhathi uJehova wathi kuJoshuwa: Zenzele omese bensengetsha, ubuye usoke abantwana bakwa-Israyeli ngokwesibili.

3UJoshuwa wazenzela omese bensengetsha, wabasika abantwana bakwa-Israyeli eDulini Lamajwabu.

4Nasi isizathu uJoshuwa abasoka ngaso: bonke abantu abaphuma eGibithe ababengabesilisa, onke amadoda empi, bafa ehlane ngasendleleni, sebephumile eGibithe.

5Ngokuba bonke abantu abaphuma babesokiwe, kepha bonke abantu abazalwa ehlane ngasendleleni ekuphumeni kwabo eGibithe babengabasokanga.

6 Ngokuba abantwana bakwa-Israyeli bahamba iminyaka engamashumi amane ehlane, saze saphela isizwe sonke, yiwo amadoda empi aphuma eGibithe, lokhu engalalelanga izwi likaJehova, afunga kuwo uJehova ukuthi akayikuwabonisa izwe uJehova alifungela oyise ethi uyakusinika lona, izwe elivame ubisi nezinyosi.

7Abantwana bawo abavusa esikhundleni sawo bona uJoshuwa wabasoka, ngokuba babengabangasokile, lokhu bengabasokanga endleleni.

8Kwathi sebeqedile ukusoka abantu bonke, bahlala ezindaweni zabo ekamu, baze baphola.

9UJehova wayesethi kuJoshuwa: Namuhla ngilethulile kini ihlazo laseGibithe. Ngalokho igama laleyo ndawo lathiwa iGiligali kuze kube namuhla.

**Iphasika laseKhanani**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Abantwana bakwa-Israyeli bamisa eGiligali, bagcina iphasika ngosuku lweshumi nane lwenyanga ngakusihlwa emathafeni aseJeriko.

11 Badla ezithelweni zezwe ngolwangakusasa emva kwephasika, amaqebelengwane angenamvubelo notshwele ngalona lolo suku.

12Imana lanqamuka ngangomuso, nxa sebedla ezithelweni zezwe; abakwa-Israyeli ababe besaba nemana futhi, kepha base bedla ezithelweni zezwe laseKhanani ngalowo mnyaka.

### Isikhulu sebandla lasezulwini

13 Kwathi uJoshuwa esengaseJeriko, waphakamisa amehlo akhe, wabona, bheka, nanso indoda malungana naye enenkemba yayo ihoshiwe esandleni sayo; uJoshuwa waya kuyo, wathi kuyo: Uvuna thina noma izitha zethu na?

14 Yathi: Qha, ngifikile njengesikhulu sebandla likaJehova. UJoshuwa wayesewa ngobuso emhlabathini, wakhuleka, wathi kuyo: Ithini inkosi yami encekwini yayo na?

15 Isikhulu sebandla likaJehova sathi kuJoshuwa: Khumula isicathulo sakho onyaweni lwakho, ngokuba indawo omi kuyo ingcwele. UJoshuwa wenze njalo-ke.

## UJoshuwa 6

### Ukuchithwa kweJeriko

1IJeriko lalivalile amasango alo ngenxa yabantwana bakwa-Israyeli; kwakungaphumi muntu, kungangeni muntu.

2UJehova wathi kuJoshuwa: Bheka, nginikele esandleni sakho iJeriko, nenkosi yalo, namaqhawe anamandla.

3Niyakuhaqa umuzi, onke amadoda empi, niwuzungeze umuzi kanye. Uyakwenze njalo izinsuku eziyisithupha.

4Abapristi abayisikhombisa bayakuthwala amacilongo ayisikhombisa ejubili phambi komphongolo; ngosuku lwesikhombisa niyakuwuzungeza umuzi kasikhombisa, abapristi babethe amacilongo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Kuyakuthi lapho bekhalisa kade uphondo lwejubili nalapho nilizwa izwi lecilongo, bonke abantu bakhamuluke ngokukhamuluka okukhulu, ugange lomuzi luwele phansi endaweni yalo, abantu bakhuphuke, yilowo nalowo aqonde phambili nje.

6 UJoshuwa indodana kaNuni wabiza abapristi, wathi kubo: Phakamisani umphongolo wesivumelwano, abapristi abayisikhombisa bathwale amacilongo ayisikhombisa ejubili phambi komphongolo kaJehova.

7 Kubantu wathi: Dlulani, niwuzungeze umuzi, abahlomileyo badlule phambi komphongolo kaJehova.

8 Kwathi lapho uJoshuwa esekhulumile kubantu, abapristi abayisikhombisa bethwele amacilongo ayisikhombisa ejubili phambi kukaJehova badlula, babetha amacilongo, umphongolo wesivumelwano sikaJehova wabalandela.

9 Abahlomileyo bahamba phambi kwabapristi ababetha amacilongo, nesigaba sasemuva sawulandela umphongolo, bebetha amacilongo besahamba.

10 UJoshuwa wayala abantu, wathi: Aniyikukhamuluka; ningalizwakalisi izwi lenu, kungaphumi gama emlonyeni wenu, kuze kufike usuku engiyakuthi ngalo kini: Khamulukani! Bese nikhamuluka.

11 Wayesenza ukuba umphongolo kaJehova uzungeze umuzi, wawuhaqa kanye; base befika ekamu, balala ubusuku ekamu.

12 UJoshuwa wavuka ekuseni kakhulu, abapristi bathatha umphongolo kaJehova.

13 Abapristi abayisikhombisa, bethwele amacilongo ayisikhombisa ejubili phambi komphongolo kaJehova, bahamba njalo bewabetha amacilongo; abahlomileyo bahamba phambi kwabo, nesigaba sasemuva sawulandela umphongolo kaJehova, bebetha amacilongo besahamba.

14 Ngosuku lwesibili bawuzungeza umuzi kanye, babuyela ekamu; benze njalo izinsuku eziyisithupha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

15 Kwathi ngosuku lwesikhombisa bavuka ukuntwela kokusa, bawuzungeza umuzi ngandlelanye kasikhombisa; ngalolo suku kuphela bawuzungeza umuzi kasikhombisa.

16 Kwathi ngokwesikhombisa abapristi sebebethile amacilongo, uJoshuwa wathi kubantu: Khamulukani, ngokuba uJehova uninikile umuzi.

17 Umuzi uyakwahlukaniselwa uJehova, wona nakho konke okukuwo; uRahabi isifebe kuphela uyakusinda, yena nabo bonke abakuye endlini, ngokuba wazithukusa izithunywa esazithumayo.

18 Kodwa zigcineni nina kukho okuqalekisiweyo, funa lapho senikuqalekisile nithathe kukho okuqalekisiweyo, nilenze ikamu libe ngeliqalekisiweyo, nilihluphe.

19 Kepha lonke isiliva, negolide, nezitsha zethusi nezensimbi kungcwele kuJehova; kuyakungena endlini yengcebo kaJehova.

20 Abantu base bekhamuluka, amacilongo abethwa; kwathi lapho abantu bezwe ukukhala kwecilongo, abantu bakhamuluka ngokukhamuluka okukhulu, ugange lwawela phansi endaweni yalo, abantu benyukela emzini, yilowo nalowo waqonda phambili nje, bawuthatha umuzi.

21 Baqalekisa konke okusemzini, isilisa nesifazane, abasha nabadala, nezinkabi, nezimvu, nezimbongolo, ngosiko lwenkemba.

22 UJoshuwa wathi kulawo madoda amabili ayelihlolile izwe: Ngenani endlini yesifebe, nikhiphe kuyo owesifazane nabo bonke anabo, njengalokho namfungela.

23 Izinsizwa ezaziyizinhloli zangena, zamkhipha uRahabi, noyise, nonina, nabafowabo, nabo bonke anabo, zakhipha bonke abomuzi wakhe, zababeka ngaphandle kwekamu lakwa-Israyeli.

24 Bawushisa umuzi ngomlilo, nakho konke okukuwo; isiliva kuphela, negolide, nezitsha zethusi nezensimbi bakufaka endlini yengcebo endlini kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

25Kepha uRahabi isifebe, nabendlu kayise, nabo bonke anabo, uJoshuwa wabasindisa; uhlala phakathi kuka-Israyeli kuze kube namuhla, lokhu wathukusa izithunywa uJoshuwa azithuma ukuba zihlole iJeriko.

26 UJoshuwa wabafungisa ngaleso sikhathi, wathi: Makaqalekiswe phambi kukaJehova umuntu osuka akhe lo muzi waseJeriko; uyakubeka isisekelo sawo ngokulahlekelwa yizibulo lakhe, amise amasango awo ngokulahlekelwa ngomncinyane wakhe.

27UJehova wayenaye uJoshuwa; udumo lwakhe lwalukhona ezweni lonke.

## UJoshuwa 7

### Icala lika Akani nesijeziso sakhe

1 Kepha abantwana bakwa-Israyeli beqa ngokuqalekisiweyo, lokhu u-Akani kaKarmi kaZabidi kaZera, owesizwe sakwaJuda, ethatha kukho okuqalekisiweyo; intukuthelo kaJehova yabavuthela abantwana bakwa-Israyeli.

2 UJoshuwa wathuma amadoda, asuka eJeriko aya e-Ayi eliseceleni kweBeti Aveni ngasempumalanga kwaseBethele, wakhuluma kuwo, wathi: Khuphukani, nilihlole izwe. Amadoda akhuphuka ahlola i-Ayi.

3Abuyela kuJoshuwa, athi kuye: Mabangakhuphuki bonke abantu; makuhambe amadoda kungathi izinkulungwane ezimbili noma ezintathu, alichithe i-Ayi; ungabakhathazi bonke abantu ngokuya khona, ngokuba bayingcosana nje.

4Kwase kukhuphukela khona abantu abayizinkulungwane ezintathu, kepha babaleka phambi kwamadoda ase-Ayi.

5Amadoda ase-Ayi abulala abantu abangamashumi amathathu nesithupha, abaxosha esuka phambi kwesango aze afika eShebarimi, ababulala emthambekeni; izinhliziyo zabantu zaphela amandla, zaba njengamanzi.

6UJoshuwa waziklebhula izingubo zakhe, wawa ngobuso emhlabathini phambi komphongolo kaJehova kwaze kwahlwa, yena namalunga akwa-Israyeli; bathela uthuli emakhanda abo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 UJoshuwa wathi: Maye, Nkosi Nkulunkulu! Ubaweliseleni iJordani nakanye laba bantu ukuba usinikele esandleni sama-Amori, usibhubhise, na? Sengathi nga saneliswa ukuhlala ngapheseya kweJordani!

8 O Nkosi, ngiyakuthini, lapha abakwa-Israyeli sebefulathele izitha zabo na?

9 Ngokuba amaKhanani nabo bonke abakhileyo ezweni bayakukuzwa, basihaqe, banqume igama lethu emhlabeni; uyakwenzela ntoni igama lakho elikhulu na?

10 UJehova wathi kuJoshuwa: Sukuma; uweleni kanje ngobuso bakho na?

11 U-Israyeli wonile, yebo, beqile isivumelwano sami engabayala ngaso, yebo, bathathile nakukho okuqalekisiweyo, futhi bebile, baqambile amanga, bakubeka kweyabo impahla.

12 Ngalokho abantwana bakwa-Israyeli abanakuma phambi kwezitha zabo, bayafulathela izitha zabo, ngokuba sebeqalekisiwe; angisayikuba nani, uma ningachithi okuqalekisiweyo phakathi kwenu.

13 Suka ungcwelise abantu, uthi: Zingcweliseleni ingomuso, ngokuba uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli usho kanje, uthi: Kukhona okuqalekisiweyo phakathi kwakho, Israyeli; awunakuma phambi kwezitha zakho, ningakakususi okuqalekisiweyo phakathi kwenu.

14 Kusasa niyakusondezwa ngezizwe zakini; kuyakuthi isizwe asithathayo uJehova sisondele ngemindeni; umndeni awuthathayo uJehova uyakusondela ngezindlu; indlu ayithathayo uJehova iyakusondela ngabantu.

15 Kuyakuthi othathwayo enokuqalekisiweyo ashiswe ngomlilo, yena nakho konke anakho, ngokuba eqile isivumelwano sikaJehova nangokuba esebenzile ubuwula kwa-Israyeli.

16 UJoshuwa wayesevuka ekuseni kakhulu, wasondeza u-Israyeli ngezizwe zakubo; isizwe sakwaJuda sathathwa.

17 Wayesesondeza imindeni yakwaJuda; wathatha umndeni wakwaZera, wawusondeza umndeni wakwaZera ngabantu, kwathathwa uZabidi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Wayisondeza indlu yakhe ngabantu; u-Akani kaKarmi kaZabidi kaZera, owesizwe sakwaJuda, wathathwa.

19UJoshuwa wayesethi ku-Akani: Ndodana yami, ake umnike uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli inkazimulo, uvume kuye, ungitshele okwenzileyo, ungangifihleli.

20U-Akani wamphendula uJoshuwa, wathi: Kuyiqiniso, ngonile kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, ngenza ukuthi nokuthi.

21Ngabona empangweni ingubo enhle yaseShineyari, namashekeli angamakhulu amabili esiliva, nesigaxa segolide esinesisindo esingamashekeli angamashumi ayisihlanu, ngakufisa, ngakuthatha; bheka, kuthukusiwe emhlabathini phakathi kwetende lami, nesiliva liphansi kwakho.

22UJoshuwa wayesethuma izithunywa, zagijimela etendeni; bheka kwakuthukusiwe etendeni lakhe, isiliva liphansi.

23Zakukhipha phakathi kwetende, zakuyisa kuJoshuwa nakubo bonke abantwana bakwa-Israyeli, bakubeka phansi phambi kukaJehova.

24UJoshuwa nabo bonke abakwa-Israyeli benaye bamthatha u-Akani indodana kaZera, nesiliva, nengubo, nesigaxa segolide, namadodana akhe, namadodakazi akhe, nezinkabi zakhe, nezimbongolo zakhe, nezimvu zakhe, netende lakhe, nakho konke anakho, bakukhuphulela esigodini sase-Akori.

25UJoshuwa wayesethi: Usihlupheleni na? UJehova uzakukuhlupha namuhla. Bonke abakwa-Israyeli bamkhanda ngamatshe; babashisa ngomlilo, babakhanda ngamatshe.

26 Bamisa phezu kwakhe inqwaba yamatshe; isekhona nanamuhla; uJehova waphenduka entukuthelweni yake enkulu. Ngalokho igama laleyo ndawo laqanjwa ngokuthi isigodi sase-Akori kuze kube namuhla.

## UJoshuwa 8

### Ukuchithwa kwe-Ayi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 UJehova wathi kuJoshuwa: Ungesabi, ungabi naluvalo; suka nabo bonke abantu bempi, ukhuphuke uye e-Ayi; bheka, nginikele esandleni sakho inkosi yase-Ayi, nabantu bayo, nomuzi wayo, nezwe layo;

2uyakwenza kulo i-Ayi nenkosi yalo njengalokho wenza kulo iJeriko nenkosi yalo; impango yalo kuphela nezinkomo zalo niyakuziphangela khona. Wuqamekele umuzi emva kwawo.

3UJoshuwa wasuka kanye nabo bonke abantu bempi ukuba akhuphukele e-Ayi; uJoshuwa wakhetha amadoda ayizinkulungwane ezingamashumi amathathu amaqhawe anamandla, wawathuma ebusuku.

4Wawayala ngokuthi: Bhekani, niyakuwuqamekela umuzi, emva komuzi, ningayi kude kakhulu nomuzi, nihlale nilungele nonke.

5 Mina nabantu bonke abanami siyakusondela emzini; kuyakuthi lapho bephuma ukusihlasela njengakuqala, sibaleke phambi kwabo.

6Bayakuphuma, basilandele, size sibasuse emzini, ngokuba bayakusho ukuthi: Babaleka phambi kwethu njengakuqala, bese sibaleka phambi kwabo;

7niyakusuka ekuqamekeleni, niwudle umuzi, ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu uyakuwunikela esandleni senu.

8Kuyakuthi lapho seniwuthathile umuzi, nithungele umuzi ngomlilo, nenze njengezwi likaJehova; bhekani, senginiyalile.

9UJoshuwa wayesebathuma, baya ukuyoqamekela, bahlala phakathi kweBethele ne-Ayi ngasentshonalanga kwase-Ayi; uJoshuwa walala lobo busuku phakathi kwabantu.

10UJoshuwa wavuka ekuseni kakhulu, wabutha abantu, wakhuphuka, yena namalunga akwa-Israyeli, phambi kwabantu, waya e-Ayi.

11Bonke abantu bempi ayenabo bakhuphuka, basondela, baya phambi komuzi, bamisa ngasenyakatho kwase-Ayi; kwakukhona isigodi phakathi kwakhe ne-Ayi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

12 Wathatha amadoda kungathi izinkulungwane eziyisihlanu, wawaqamekelisa phakathi kweBethele ne-Ayi ngasentshonalanga komuzi.

13 Sebehleliwe abantu, lonke ibandla elalingasenyakatho komuzi nabaqamekeleyo babo ababengasentshonalanga komuzi, uJoshuwa waya ngalobo busuku phakathi kwesigodi.

14 Kwathi inkosi yase-Ayi ikubona lokho, ashesha avuka ekuseni amadoda omuzi, aphuma ukuhlasela u-Israyeli, yona nabantu bayo, endaweni enqunyiweyo ngaphambi kwehlane; yayingazi nokho ukuthi babekhona abayiqamekeleyo ngasemva komuzi.

15 UJoshuwa nabo bonke abakwa-Israyeli benza kungathi bahluliwe phambi kwabo, babaleka ngendlela eya ehlane.

16 Bonke abantu basemzini babizwa ukuba babaxoshe; bamxosha uJoshuwa, basuswa emzini.

17 Akusalanga muntu e-Ayi naseBethele ongaphumanga ukubaxosha abakwa-Israyeli, bawushiya umuzi ugengelezile, babaxosha abakwa-Israyeli.

18 UJehova wathi kuJoshuwa: Yelulela umkhonto osesandleni sakho ngase-Ayi, ngokuba ngiyakulinikela esandleni sakho. UJoshuwa welulela-ke umkhonto osesandleni sakhe ngasemzini.

19 Abaqamekeleyo bashesha basuka endaweni yabo, bagijima lapho eselula isandla sakhe, bangena emzini, bawuthatha; bawuthungela ngomlilo masinyane.

20 Lapho amadoda ase-Ayi ebheka emva kwabo, abona, bheka, umusi womuzi wenyukela ngasezulwini; ayengenamandla ukubaleka ngalapha noma ngalapha, lapho abantu ababebalekele ngasehlane sebephendukela ababaxoshayo.

21 Ngokuba nxa uJoshuwa nabo bonke abakwa-Israyeli bebona ukuthi abaqamekeleyo bawuthathile umuzi nokuthi umusi womuzi wenyuka, base bebuyela emuva, bawabulala amadoda ase-Ayi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Labo abanye baphuma emzini ukuba babahlasele baze babe phakathi kuka-Israyeli, abanye ngalapha, abanye ngalapha, bababulala, kwaze kwangasala muntu owaphunyuka, wabaleka.

23 Inkosi yase-Ayi bayibamba isaphila, bayiyisa kuJoshuwa.

24 Kwathi lapho u-Israyeli eseqedile ukubulala bonke abakhileyo e-Ayi endle ehlane, lapho ebebaxoshele khona, bese bewe bonke ngosiko lwenkemba baze baqedwa, bonke abakwa-Israyeli babuyela e-Ayi, balichitha ngosiko lwenkemba.

25 Bonke abawa ngalolo suku, abesilisa nabesifazane, babeyizinkulungwane eziyishumi nambili, abantu bonke base-Ayi.

26 UJoshuwa akabuyisanga isandla sakhe awelula ngaso umkhonto, engakaqothuli bonke abakhileyo e-Ayi.

27 Izinkomo kuphela nempango yalowo muzi u-Israyeli waziphangela khona, njengezwi likaJehova amyala ngalo uJoshuwa.

28 UJoshuwa wayeselishisa i-Ayi, walenza laba yiduma lenxiwa kuze kube phakade; liyincithakalo kuze kube namuhla.

29 Inkosi yase-Ayi wayiphanyeka emthini kwaze kwahlwa; ukushona kwelanga uJoshuwa wabayala ukuba behlise isidumbu sayo emthini, basintshinga ngasesikhaleni sesango lomuzi, wamisa phezu kwaso inqwaba enkulu yamatshe ekhona nanamuhla.

### I-altare entabeni yase-Ebali

30 Khona uJoshuwa wamakhela uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli i-altare entabeni yase-Ebali,

31 njengalokho uMose inceku kaJehova wayala abantwana bakwa-Israyeli, njengokulotshiweyo encwadini yomthetho kaMose, i-altare lamatshe angabaziwe, angaphakanyiselwanga muntu insimbi; banikela phezu kwalo ngeminikelo yokushiswa kuJehova, banikela ngeminikelo yokuthula.

32 Waloba khona ematsheni impinda yomthetho kaMose ayilobayo phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

33Bonke abakwa-Israyeli namalunga abo, nezinduna zabo, nabahluleli babo babemi ngalapha nangalapha komphongolo phambi kwabapristi bamaLevi abathwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova, abafokazi nabokuzalwa ekhaya, inxenye yabo ibhekene nentaba yaseGerizimu, inxenye yabo ibhekene nentaba yase-Ebali, njengalokho uMose inceku kaJehova ebeyalile, ukuba babusise abantu bakwa-Israyeli kuqala.

34 Ngasemuva wafunda onke amazwi omthetho, isibusiso nesiqalekiso, njengakho konke okulotshiwe encwadini yomthetho.

35Akwabakho zwi kukho konke akuyalayo uMose, angalifundanga uJoshuwa phambi kwebandla lonke lakwa-Israyeli, nabesifazane, nabantwana, nababfokazi ababehamba phakathi kwabo.

## UJoshuwa 9

### Ubuqili babaseGibeyoni

1 Kwathi lapho onke amakhosi ayengaphesheya kweJordani, ezintabeni, nasemathafeni, nasogwini lonke loLwandle Olukhulu olubhekene neLebanoni, amaHeti, nama-Amori, namaKhanani, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi, esezwa lokho,

2abuthana ndawonye ukuba alwe noJoshuwa no-Israyeli nganhliziyonye.

3 Kepha bathi ukuba abakhileyo eGibeyoni bezwa lokho uJoshuwa ayekwenzile kulo iJeriko ne-Ayi,

4nabo benza ubuqili, bahamba bazenzisa kwangathi bayizithunywa, babeka amasaka agugileyo ezimbongolweni zabo, nezimvaba zewayini ezigugileyo neziklebhukileyo, ebesezithungiwe,

5nezicathulo ezigugileyo eziciciyelweyo zisezinyaweni zabo, bembethe nezingubo ezigugileyo; isinkwa sonke somphako wabo sasomile, sikhuntile.

6Baya kuJoshuwa ekamu laseGiligali, bathi kuye nakumadoda akwa-Israyeli: Sivela ezweni elikude; ngalokho manenze manje isivumelwano nathi.

7 Amadoda akwa-Israyeli athi kumaHivi: Mhlawumbe nakhile phakathi kwethu; singenza kanjani isivumelwano nani na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Bathi kuJoshuwa: Siyizinceku zakho. UJoshuwa wathi kubo: Ningobani,
futhi nivelaphi na?

9Bathi kuye: Izinceku zakho zivela ezweni elikude kakhulu ngenxa yegama
likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba siluzwile udumo lwakhe, nakho
konke akwenzayo eGibithe,

10 nakho konke akwenza kuwo amakhosi omabili ama-Amori ayengaphesheya
kweJordani, uSihoni inkosi yaseHeshiboni no-Ogi inkosi yaseBashani,
eyayise-Ashitaroti.

11Amalunga ethu nabo bonke abakhileyo ezweni lakithi bakhuluma kithi,
bathi: Phathani ezandleni zenu umphako wendlela, niye nibahlangabeze,
nithi kubo: Siyizinceku zenu; manenze isivumelwano nathi.

12Lesi sinkwa somphako wethu sasithatha sisashisa ezindlini zethu ngosuku
esaphuma ngalo ukuba siye kini; kepha manje, bhekani, sesomile, sikhuntile;

13lezi zimvaba zewayini esazigcwalisa zazizintsha; bhekani, seziklebhukile;
lezi zingubo zethu nezicathulo zethu sezigugile ngenxa yendlela ende
kakhulu.

14 Amadoda ayesethatha emphakweni wabo engabuzanga umlomo kaJehova.

15 UJoshuwa wabethembisa ukuthula, wenza isivumelwano nabo ukuba
baphile; izikhulu zenhlangano zafunga kubo.

16Kwathi emva kwezinsuku ezintathu sebesenzile isivumelwano nabo, bezwa
ukuthi bangabakhelwane babo nokuthi bahlala phakathi kwabo.

17Abantwana bakwa-Israyeli base besuka, bafika emizini yabo ngosuku
lwesithathu; imizi yabo yayiyiGibeyoni, neKefira, neBeroti, neKiriyati
Jeharimi.

18Abantwana bakwa-Israyeli ababachithanga, ngokuba izikhulu zenhlangano
zazifungile kubo uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli. Yonke inhlangano
yakhonona ngezikhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Zonke izikhulu zase zithi kuyo yonke inhlangano: Sifungile kubo uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli; ngalokho asinakubathinta manje.

20 Siyakwenza lokho kubo, sibayeke baphile, funa sehlelwe lulaka ngenxa yesifungo esasifunga kubo.

21 Izikhulu zase zithi kubo: Mabayekwe baphile; baba ngabagawuli bemithi nabakhi bamanzi kuyo yonke inhlangano njengalokho izikhulu zazibatshelile.

22 UJoshuwa wababiza, wakhuluma kubo, wathi: Nisikhohliseleni ngokuthi: Sikude kakhulu nani, lokhu nakhile phakathi kwethu, na?

23 Ngalokho seniqalekisiwe, akuyikunqamuka ukuvela kini izigqila, abagawuli bemithi nabakhi bamanzi kuyo indlu kaNkulunkulu wami.

24 Bamphendula uJoshuwa, bathi: Kungokuba izinceku zakho zatshelwa nokutshelwa ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho wayala inceku yakhe uMose ukuba aninike izwe lonke, achithe bonke abakhileyo ezweni phambi kwenu; ngalokho sesaba kakhulu ngokuphila kwethu ngenxa yenu, sakwenza lokho.

25 Bheka, manje sesisesandleni sakho; okuhle nokulungile emehlweni akho ukuba ukwenze kithi, kwenze.

26 Wayesenze njalo kubo, wabophula esandleni sabantwana bakwa-Israyeli, baze bangababulali.

27 UJoshuwa wabenza ngalolo suku abagawuli bemithi nabakhi bamanzi kuyo inhlangano nakulo i-altare likaJehova kuze kube namuhla endaweni abeyakuyikhetha.

## UJoshuwa 10

### Amakhosi ayisihlanu anqotshwa ngaseGibeyoni

1 Kwathi lapho u-Adoni Sedeki inkosi yaseJerusalema esezwile ukuthi uJoshuwa uthathile i-Ayi, waliqeda nya njengalokho ebenzile kulo iJeriko nenkosi yalo, wayenze njalo kulo i-Ayi nenkosi yalo nokuthi abakhileyo eGibeyoni benzile ukuthula no-Israyeli, baba phakathi kwabo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

2besaba kakhulu, ngokuba iGibeyoni lalingumuzi omkhulu njengomunye wemizi yamakhosi nangokuba lalilikhulu kune-Ayi, onke amadoda alo engamaqhawe.

3Ngalokho u-Adoni Sedeki inkosi yaseJerusalema wathumela kuHohamu inkosi yaseHebroni, nakuPiramu inkosi yaseJarimuthi, nakuJafiya inkosi yaseLakishi, nakuDebiri inkosi yase-Egiloni, wathi:

4 Khuphukelani kimi, ningisize sichithe iGibeyoni, ngokuba lenzile ukuthula noJoshuwa nabantwana bakwa-Israyeli.

5Ngalokho amakhosi ayisihlanu ama-Amori, inkosi yaseJerusalema, nenkosi yaseHebroni, nenkosi yaseJarimuthi, nenkosi yaseLakishi, nenkosi yase-Egiloni, ahlangana, akhuphuka, wona nawo onke amabandla awo, amisa malungana neGibeyoni, alwa nalo.

6Amadoda aseGibeyoni athumela kuJoshuwa ekamu laseGiligali, athi: Ungayekethisi isandla sakho ezincekwini zakho; shesha ukhuphukele kithi usisindise, usisize, ngokuba onke amakhosi ama-Amori akhile ezintabeni asihlanganyele.

7UJoshuwa wayesekhuphuka eGiligali, yena nabo bonke abantu bempi kanye naye, nawo onke amaqhawe anamandla.

8 UJehova wathi kuJoshuwa: Ungabesabi, ngokuba ngibanikele ezandleni zakho; akuyikubakho muntu wabo ongema phambi kwakho.

9UJoshuwa wabafikela ngokuzumayo; wakhuphuka eGiligali ubusuku bonke.

10 UJehova wabangquzula ngaphambi kuka-Israyeli, wabaceka ngokuceka okukhulu ngaseGibeyoni, wabaxosha ngendlela ekhuphukela eBeti Horoni, wababulala kwaze kwaba se-Azeka naseMakheda.

11Kwathi besabalekela u-Israyeli behla eBeti Horoni, uJehova wawisa phezu kwabo amatshe amakhulu, ehla ezulwini, baze bafika e-Azeka, bafa; babe baningi abafa ngesichotho kunababulawa ngu-Israyeli ngenkemba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 UJoshuwa wayesekhuluma kuJehova mhla uJehova enikela ama-Amori phambi kwabantwana bakwa-Israyeli, wathi ebusweni babakwa-Israyeli: Langa, yima eGibeyoni, nawe nyanga, esigodini sase-Ajaloni.

13 Lase lima ilanga, nenyanga yahlala, abantu baze baziphindisela ezitheni zabo. Akulotshiwe yini lokho eNcwadini Yolungileyo na? Ilanga lema phakathi nomkhathi, alisheshanga ukushona kungathi usuku lonke.

14 Aluzange lube khona usuku olunjengalo ngaphambi kwalo noma ngasemva kwalo lokuba uJehova alilalele izwi lomuntu, ngokuba uJehova wamlwela u-Israyeli.

15 UJoshuwa wabuyela ekamu laseGiligali, bonke abakwa-Israyeli benaye.

16 Lawo makhosi omahlanu abaleka, acasha emhumeni waseMakheda.

17 Kwabikwa kuJoshuwa ukuthi: Lawo makhosi omahlanu afunyanisiwe ecashile emhumeni waseMakheda.

18 UJoshuwa wathi: Gingqelani amatshe amakhulu emlonyeni womhume, nibeke amadoda ngakuwo ukuba awalinde;

19 kepha ningemi nina; xoshani izitha zenu, nibulale ezingasemuva, ningazivumeli ukuba zingene emizini yazo, ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu uzinikele esandleni senu.

20 Kwathi lapho uJoshuwa nabantwana bakwa-Israyeli sebeqedile ukubaceka ngokuceka okukhulu kakhulu baze baqedwa, insali yabo nokho isingenile emizini ebiyelweyo,

21 bonke abantu babuyela ekamu kuJoshuwa eMakheda ngokuthula, akwabakho onyakazisa ulimi lwakhe ngomuntu wabantwana bakwa-Israyeli.

22 Wayesethi uJoshuwa: Vulani umlomo womhume, nikhiphele kimi lawo makhosi omahlanu emhumeni.

23 Benze njalo-ke; bawakhiphela kuye lawo makhosi omahlanu emhumeni: inkosi yaseJerusalema, nenkosi yaseHebroni, nenkosi yaseJarimuthi, nenkosi yaseLakishi, nenkosi yase-Egiloni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[24]Kwathi lapho bekhiphela kuJoshuwa lawo makhosi, uJoshuwa wabiza onke amadoda akwa-Israyeli, wathi ezinduneni zamadoda empi ezazihamba naye: Sondelani, nibeke izinyawo zenu ezintanyeni zalawa makhosi. Zasondela-ke, zabeka izinyawo zazo ezintanyeni zawo.

[25]UJoshuwa wathi kuzo: Ningesabi, ningabi naluvalo; qinani, nime isibindi, ngokuba uJehova uyakwenza kanjalo kuzo zonke izitha zenu enilwa nazo.

[26] Ngasemuva uJoshuwa wawagenca, wawabulala, wawaphanyeka emithini eyisihlanu, alenga emithini kwaze kwahlwa.

[27]Kwathi ngesikhathi sokushona kwelanga uJoshuwa wayala, bawehlisa emithini, bawaphonsa emhumeni lapho ebecashe khona, babeka amatshe amakhulu emlonyeni womhume; akhona nanamuhla.

### Ukunqotshwa kwemizi ngaseningizimu yaseKhanani

[28]UJoshuwa wathatha iMakheda ngalolo suku, walichitha ngosiko lwenkemba kanye nenkosi yalo, wabaqothula nabo bonke abakulo, akashiyanga noyedwa owasalayo; wenza-ke kuyo inkosi yaseMakheda njengalokho ebenzile kuyo inkosi yaseJeriko.

[29]UJoshuwa wasuka eMakheda nabo bonke abakwa-Israyeli benaye, waya eLibina, walwa neLibina;

[30]uJehova walinikela nalo nenkosi yalo esandleni sakwa-Israyeli, walichitha ngosiko lwenkemba nabo bonke abakulo, akashiyanga noyedwa owasala phakathi kwalo; wenza-ke kuyo inkosi yalo njengalokho ebenzile kuyo inkosi yaseJeriko.

[31]UJoshuwa wasuka eLibina nabo bonke abakwa-Israyeli benaye, waya eLakishi, wamisa malungana nalo, walwa nalo;

[32]uJehova wanikela iLakishi esandleni sakwa-Israyeli, walithatha ngosuku lwesibili, walichitha ngosiko lwenkemba kanye nabo bonke ababekulo njengakho konke abekwenzile kulo iLibina.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33 Khona kwakhuphuka uHoramu inkosi yaseGezeri ukuba asize iLakishi; kepha uJoshuwa wambulala nabantu bakhe, akaze amshiyela noyedwa owasalayo.

34 UJoshuwa wasuka eLakishi, bonke abakwa-Israyeli benaye, waya e-Egiloni; bamisa malungana nalo, balwa nalo.

35 Balithatha ngalolo suku, balichitha ngosiko lwenkemba; nabo bonke ababekulo wabaqothula ngalolo suku njengakho konke abekwenzile kulo iLakishi.

36 UJoshuwa wakhuphuka e-Egiloni, bonke abakwa-Israyeli benaye, waya eHebroni, balwa nalo.

37 Balithatha, balichitha ngosiko lwenkemba kanye nenkosi yalo, nayo yonke imizi yalo, nabo bonke ababekulo; akashiyanga noyedwa owasalayo njengakho konke abekwenzile kulo i-Egiloni, waliqothula nabo bonke abakulo.

38 UJoshuwa wabuyela nabo bonke abakwa-Israyeli eDebiri, walwa nalo;

39 walithatha kanye nenkosi yalo nayo yonke imizi yalo, bayichitha ngosiko lwenkemba. Baqothula bonke ababekulo, akashiyanga noyedwa owasalayo; njengalokho ebenzile kulo iHebroni, wenze njalo kulo iDebiri nakuyo inkosi yalo, njengalokho ebenzile nakulo iLibina nakuyo inkosi yalo.

40 Wachitha-ke uJoshuwa izwe lonke, izintaba, neNingizimu, namathafa, nemithambeka, namakhosi onke alo; akashiyanga noyedwa owasalayo, kepha waqothula konke okuphefumulayo njengokuyala kukaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

41 UJoshuwa wabachitha kusukela eKadeshi Barineya kuze kufike eGaza, nezwe lonke laseGosheni kuze kufike eGibeyoni.

42 Onke lawo makhosi nezwe lawo uJoshuwa wakuthatha ngasikhathi sinye, ngokuba uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli walwela u-Israyeli.

43 UJoshuwa wabuyela ekamu laseGiligali, bonke abakwa-Israyeli benaye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## UJoshuwa 11

### Ukunqotshwa kwenyakatho yaseKhanani

1 Kwathi lapho uJabini inkosi yaseHasori ekuzwa lokho, wathumela kuJobabi inkosi yaseMadoni, nakuyo inkosi yaseShimroni, nakuyo inkosi yase-Akishafu,

2 nakuwo amakhosi angasenyakatho ezintabeni, nase-Araba ngaseningizimu kwaseKinereti, nasemathafeni, nasezintabeni zaseDori ngasentshonalanga,

3 nakuwo amaKhanani ngasempumalanga nangasentshonalanga, nakuwo ama-Amori, namaHeti, namaPherizi, namaJebusi ezintabeni, namaHivi ngaphansi kweHermoni ezweni laseMispa.

4 Aphuma wona nawo onke amabandla awo enawo, abantu abaningi, bengangesihlabathi esisogwini lolwandle ngobuningi, namahhashi nezinqola eziningi kakhulu.

5 Onke lawo makhosi ahlangana, eza amisa ndawonye ngasemanzini aseMerome ukuba alwe no-Israyeli.

6 UJehova wathi kuJoshuwa: Ungesabi ngenxa yabo, ngokuba kusasa ngalesi sikhathi ngizakubanikela bonke bebulewe ngaphambi kuka-Israyeli; wena uyakunquma amahhashi abo imisipha, uzishise izinqola zabo ngomlilo.

7 Wayesefika uJoshuwa nabo bonke abantu bempi benaye, babazuma ngasemanzini aseMerome, babadumela.

8 UJehova wabanikela esandleni sakwa-Israyeli, babanqoba, babaxosha kwaze kwaba seSidoni Elikhulu, naseMisirefoti Mayimi, nasesigodini saseMispa ngasempumalanga, bababulala, abaze bamshiyela noyedwa owasalayo.

9 UJoshuwa wenza kubo njengokumyala kukaJehova: wanquma amahhashi abo imisipha, wazishisa izinqola zabo ngomlilo.

10 UJoshuwa wabuya ngaleso sikhathi, wathatha iHasori, wabulala inkosi yalo ngenkemba, ngokuba iHasori laliyinhloko yayo yonke leyo mibuso kuqala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

11Bachitha bonke ababekulo ngosiko lwenkemba, babaqothula, akusalanga noyedwa ophefumulayo; walishisa iHasori ngomlilo.

12 Yonke imizi yalawo makhosi nawo onke amakhosi ayo uJoshuwa wakuthatha, wakuchitha ngosiko lwenkemba, wakuqothula njengokuyala kukaMose inceku kaJehova.

13Kepha imizi eyayimi emagqumeni ayo u-Israyeli akashisanga namunye kuyo ngaphandle kweHasori kuphela; lowo uJoshuwa wawushisa.

14Impango yonke yale mizi nezinkomo abantwana bakwa-Israyeli baziphangela khona; kepha bachitha bonke abantu ngosiko lwenkemba baze babaqeda; abashiyanga noyedwa ophefumulayo.

15Njengalokho uJehova ebemyalile uMose inceku yakhe, kanjalo uMose wamyala uJoshuwa; noJoshuwa wenze njalo; akayekanga into neyodwa kukho konke uJehova amyala ngakho uMose.

### Ukubukezwa kwendaba yokunqoba iKhanani

16 UJoshuwa wathatha-ke lonke lelo zwe, izintaba, neNingizimu yonke, nalo lonke izwe laseGosheni, namathafa, ne-Araba, nezintaba zakwa-Israyeli, namathafa akhe,

17kusukela entabeni yaseHalaki kwenyukela eSeyiri, yebo, naseBali Gadi esigodini saseLebanoni ngaphansi kwentaba yaseHermoni; onke amakhosi abo wawathatha, wawagenca, wawabulala.

18 UJoshuwa walwa isikhathi eside nawo onke lawo makhosi.

19 Akwabakho muzi owenza ukuthula nabantwana bakwa-Israyeli ngaphandle kwamaHivi akhileyo eGibeyoni; bayinqoba yonke ngokulwa.

20 Ngokuba kwavela kuJehova ukwenza lukhuni izinhliziyo zabo ukuba bahlangabezane no-Israyeli ngokulwa, ukuze abaqothule, angabahawukeli, kepha abachithe, njengalokho uJehova ebemyalile uMose.

21 UJoshuwa wafika ngaleso sikhathi, wanquma ama-Anaki ezintabeni eHebroni, naseDebiri, nase-Anabi, nasezintabeni zakwaJuda, nasezintabeni zakwa-Israyeli, uJoshuwa wawaqothula kanye nemizi yawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Akusalanga noyedwa kuwo ama-Anaki ezweni labantwana bakwa-Israyeli; asala eGaza kuphela, naseGati, nase-Ashidodi.

23Wathatha-ke uJoshuwa izwe lonke njengakho konke uJehova abekukhulumile kuMose; uJoshuwa walinika u-Israyeli libe yifa lakhe ngokwezabelo zabo nezizwe zabo. Izwe lase liphumula ekulweni.

## UJoshuwa 12

### Amagama amakhosi anqotshiweyo

1Lawa angamakhosi ezwe anqotshwa ngabantwana bakwa-Israyeli, belidla izwe lawo ngaphesheya kweJordani ngasempumalanga, kusukela esigodini sase-Arinoni kuze kube sentabeni yaseHermoni, nalo lonke i-Araba ngasempumalanga:

2 uSihoni inkosi yama-Amori owayehlala eHeshiboni, ebusa kusukela e-Aroweri eliseceleni kwesigodi sase-Arinoni, naphakathi nesigodi, nenxenye yakwaGileyadi, kuze kube semfuleni iJaboki, umkhawulo wabantwana bakwa-Amoni,

3 ne-Araba kuze kufike elwandle lwaseKinereti ngasempumalanga, kuze kube seLwandle lwase-Araba, uLwandle Lukasawoti, ngasempumalanga endleleni eya eBeti Jeshimoti nangaseningizimu ngaphansi kwemithambeka yasePisiga;

4futhi izwe lika-Ogi inkosi yaseBashani, owensali yamaRefa, owahlala e-Ashitaroti nase-Edireyi,

5ebusa entabeni yaseHermoni, naseSaleka, nakulo lonke iBashani kuze kube semkhawulweni wamaGeshuri nowamaMahakhati, nenxenye yakwaGileyadi, umkhawulo kaSihoni inkosi yaseHeshiboni.

6 UMose inceku kaJehova nabantwana bakwa-Israyeli babebabulele; uMose inceku kaJehova wabanika lona abakwaRubeni, nabakwaGadi, nenxenye yesizwe sakwaManase, laba yifa labo.

7Lawa angamakhosi ezwe anqotshwa nguJoshuwa nangabantwana bakwa-Israyeli ngaphesheya kweJordani ngasentshonalanga, kusukela eBali Gadi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

esigodini saseLebanoni kuze kufike entabeni yaseHalaki eyenyukela eSeyiri, uJoshuwa walinika izizwe zakwa-Israyeli libe yifa ngokwezabelo zabo

8ezintabeni, nasemathafeni, nase-Araba, nasemithambekeni, nasehlane, naseningizimu: amaHeti, nama-Amori, namaKhanani, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi:

9inkosi yaseJeriko: inye; inkosi yase-Ayi elingaseceleni kweBethele: inye;

10inkosi yaseJerusalema: inye; inkosi yaseHebroni: inye;

11inkosi yaseJarimuthi: inye; inkosi yaseLakishi: inye;

12inkosi yase-Egiloni: inye; inkosi yaseGezeri: inye;

13inkosi yaseDebiri: inye; inkosi yaseGederi: inye;

14inkosi yaseHorma: inye; inkosi yase-Aradi: inye;

15inkosi yaseLibina; inye; inkosi yase-Adulamu: inye;

16inkosi yaseMakheda: inye; inkosi yaseBethele: inye;

17inkosi yaseTaphuwa: inye; inkosi yaseHeferi: inye;

18inkosi yase-Afeki: inye; inkosi yaseLasharoni: inye;

19inkosi yaseMadoni: inye; inkosi yaseHasori: inye;

20inkosi yaseShimroni Meroni: inye; inkosi yase-Akishafu: inye;

21inkosi yase Thahanaki: inye; inkosi yaseMegido: inye;

22inkosi yaseKedeshi: inye; inkosi yaseJokineyamu eKarmeli: inye;

23inkosi yaseDori egqumeni laseDori: inye; inkosi yaseGoyimi eGiligali: inye;

24inkosi yaseTirisa: inye; onke amakhosi ayengamashumi amathathu nanye.

## UJoshuwa 13

### UJehova uyamyala uJoshuwa ukwahlukanisa izwe

1UJoshuwa wayesemdala eneminyaka eminingi; uJehova wathi kuye: Usumdala uneminyaka eminingi, kepha kusasele izwe elikhulu kakhulu eliyakudliwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Leli liyizwe elisasele: amazwe onke amaFilisti nawo onke amaGeshuri,

3kusukela eSihori elingaphambi kweGibithe kuze kube semkhawulweni wase-
Ekroni ngasenyakatho, elibalelwa kumaKhanani, amakhosi ayisihlanu
amaFilisti: amaGaza, nama-Ashidodi, nama-Ashikeloni, namaGiti, nama-
Ekroni, nama-Avi,

4lonke izwe lamaKhanani ngaseningizimu neMehara elingelamaSidoni kuze
kufike e-Afeki nasemkhawulweni wama-Amori,

5nezwe lamaGebali nalo lonke iLebanoni ngasempumalanga, kusukela eBali
Gadi ngaphansi kwentaba yaseHermoni kuze kufike ekuyeni eHamati,

6 bonke abakhileyo ezintabeni, kusukela eLebanoni kuze kube seMisirefoti
Mayimi, onke amaSidoni; mina ngiyakuwaxosha phambi kwabantwana
bakwa-Israyeli, wena-ke ulabele abakwa-Israyeli ngenkatho, libe yifa
njengokukuyala kwami.

7Ngalokho yahlukanisa leli zwe libe yifa lezizwe eziyisishiyagalolunye
nelenxenye yesizwe sakwaManase.

8 Kanye naye abakwaRubeni nabakwaGadi balamukela ifa abanika lona
uMose ngaphesheya kweJordani ngasempumalanga, njengalokho inceku
kaJehova uMose yabanika:

9kusukela e-Aroweri eliseceleni kwesigodi sase-Arinoni, nomuzi ophakathi
nesigodi, nalo lonke ithafa laseMedeba kuze kufike eDiboni,

10nayo yonke imizi kaSihoni inkosi yama-Amori owabusa eHeshiboni, kuze
kube semkhawulweni wabantwana bakwa-Amoni,

11neGileyadi nomkhawulo wamaGeshuri nowamaMahakhathi, nayo yonke
intaba yaseHermoni, nalo lonke iBashani kuze kufike eSaleka,

12 nawo wonke umbuso ka-Ogi eBashani owayebusa e-Ashitaroti nase-Edireyi,
owayesele kuyo insali yamaRefa; uMose wabanqoba, wabaxosha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Kepha abantwana bakwa-Israyeli abawaxoshanga amaGeshuri namaMahakhati, kodwa oGeshuri noMahakha bahlala phakathi kuka-Israyeli kuze kube namuhla.

14 Isizwe sakwaLevi kuphela akasinikanga fa; iminikelo kaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli yomlilo iyifa lakhe njengokukhuluma kwakhe kuye.

**Amafa akwaRubeni nakwaGadi nawenxenye yakwaManase**

15UMose wanika isizwe sabantwana bakwaRubeni ngemindeni yabo.

16Umkhawulo wabo wasuka e-Aroweri eliseceleni kwesigodi sase-Arinoni, nomuzi ophakathi nesigodi, nalo lonke ithafa ngaseMedeba,

17neHeshiboni nayo yonke imizi yalo yasethafeni, iDiboni, neBamoti Bali, neBeti Bali Mehoni,

18neJahasi, neKedemoti, neMefahati,

19neKiriyatayimi, neSibima, neSereti Shahari entabeni yasesigodini,

20neBeti Peyori, nemithambeka yasePisiga, neBeti Jeshimoti,

21 nayo yonke imizi yasethafeni, nawo wonke umbuso kaSihoni inkosi yama-Amori owayebusa eHeshiboni, ambulalayo uMose kanye nezikhulu zakwaMidiyani, o-Evi, noRekemi, noSuri, noHure, noReba, izikhulu zikaSihoni ezazakhe kulelo zwe.

22 UBileyamu indodana kaBeyori, umbhuli, naye bambulala abantwana bakwa-Israyeli ngenkemba phakathi kwabanye ababulawa yibo.

23Umkhawulo wabantwana bakwaRubeni wawuyiJordani nogu lwalo. Lelo laliyifa labantwana bakwaRubeni ngemindeni yabo, imizi nemizana yabo.

24UMose wanika isizwe sakwaGadi, abantwana bakwaGadi, ngemindeni yaso.

25Umkhawulo wabo wawuyiJazeri, nayo yonke imizi yakwaGileyadi, nenxenye yezwe labantwana bakwa-Amoni, kuze kufike e-Aroweri elingaphambi kweRaba,

26kusukela eHeshiboni kuze kufike eRamati Mispa naseBethonimi, kusukela eMahanayimi kuze kufike emkhawulweni weDebiri;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27nasesigodini: iBeti Haramu, neBeti Nimra, neSukoti, neSafoni, insali yombuso kaSihoni inkosi yaseHeshiboni, iJordani nogu lwalo, kuze kufike ekupheleni kolwandle lwaseKinereti phesheya kweJordani ngasempumalanga.

28Lelo laliyifa labantwana bakwaGadi ngemindeni yabo, imizi nemizana yabo.

29UMose wanika inxenye yesizwe sakwaManase: kwaba ngokwenxenye yesizwe sabantwana bakwaManase ngemindeni yabo.

30 Umkhawulo wabo wasuka eMahanayimi: lonke iBashani, wonke umbuso ka-Ogi inkosi yaseBashani, nayo yonke imizi yeJayire eseBashani, imizi engamashumi ayisithupha,

31 nenxenye yakwaGileyadi, ne-Ashitaroti, ne-Edireyi, imizi yombuso ka-Ogi eBashani; lokho kwaba ngokwabantwana bakwaMakiri indodana kaManase, inxenye yabantwana bakwaMakiri ngemindeni yabo.

32Lawo angamafa uMose awabela emathafeni akwaMowabi phesheya kweJordani, ngaseJeriko ngasempumalanga.

33Kepha isizwe sakwaLevi uMose akasinikanga fa; uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli uyifa labo njengokukhuluma kwakhe kubo.

## UJoshuwa 14

### Izwe elingasentshonalanga kweJordani liyahlukaniswa

1 Lawa angamafa abawathathayo abantwana bakwa-Israyeli ezweni laseKhanani ababela wona u-Eleyazare umpristi, noJoshuwa indodana kaNuni, nezinhloko zawoyise bezizwe zabantwana bakwa-Israyeli,

2ngenkatho yefa labo, njengalokho uJehova ebeyalile ngesandla sikaMose ngezizwe eziyisishiyagalolunye nangenxenye yesizwe.

3 Ngokuba uMose wayezinikile izizwe ezimbili nenxenye yesizwe ifa ngaphesheya kweJordani, kepha amaLevi akawanikanga ifa phakathi kwabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Ngokuba abantwana bakwaJosefa babe yizizwe ezimbili, oManase no-Efrayimi; abawanikanga amaLevi isabelo ezweni, kuphela imizi ukuhlala kuyo, namadlelo ayo ezinkomo zawo, neyemfuyo yawo.

5 Njengalokho uJehova amyala uMose, benze njalo abantwana bakwa-Israyeli, bahlukanisa izwe.

### Isabelo sikaKalebi

6 AbakwaJuda basondela kuJoshuwa eGiligali; uKalebi indodana kaJefune, umKhenizi, wathi kuye: Uyalazi wena izwi uJehova alikhuluma kuMose umuntu kaNkulunkulu ngami nangawe eKadeshi Barineya.

7 Ngangineminyaka engamashumi amane lapho uMose, inceku kaJehova, wangithuma ngisuka eKadeshi Barineya ukuba ngihlole izwe, ngabuyisela izwi kuye njengokusenhliziyweni yami.

8 Kepha abafowethu abakhuphuka nami baqeda amandla enhliziyo yabantu, kodwa mina ngamlandela uJehova uNkulunkulu wami ngokupheleleyo.

9 UMose wafunga ngalolo suku, wathi: Impela izwe unyawo lwakho olunyathele kulo liyakuba yifa lakho nelabantwana bakho kuze kube phakade, ngokuba umlandele uJehova uNkulunkulu wami ngokupheleleyo.

10 Manje bheka, uJehova ungisindisile njengokusho kwakhe le minyaka engamashumi amane nanhlanu, selokhu uJehova akhuluma leli zwi kuMose, u-Israyeli esahamba ehlane; bheka, manje sengineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nanhlanu namuhla.

11 Ngisenamandla namuhla njengasosukwini uMose angithuma ngalo; njengamandla ami ngaleso sikhathi anjalo amandla ami manje ekulweni, ekuphumeni nasekungeneni.

12 Ngalokho nginike manje le ntaba uJehova akhuluma ngayo ngalolo suku, ngokuba wezwa wena ngalolo suku ukuthi ama-Anaki ayelapho enemizi emikhulu ebiyelweyo; mhlawumbe uJehova uyakuba nami, ngiwaxoshe njengokukhuluma kukaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

13 UJoshuwa wambusisa, wamnika uKalebi indodana kaJefune iHebroni libe yifa lakhe.

14 Ngalokho iHebroni laba yifa likaKalebi indodana kaJefuni, umKhenizi, kuze kube namuhla, ngokuba wamlandela uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngokupheleleyo.

15 Igama leHebroni laliyiKiriyati Araba kuqala ngomuntu owayemkhulu kuwo ama-Anaki. Izwe lase liphumula ekulweni.

## UJoshuwa 15

### Imikhawulo nemizi yesizwe sakwaJuda

1 Isabelo sesizwe sabantwana bakwaJuda ngemindeni yabo sasingasemkhawulweni wakwa-Edomi nasehlane laseSini ngaseningizimu, ngasekupheleni kweningizimu.

2 Umkhawulo wabo waseningizimu wasuka ekupheleni koLwandle Lukasawoti, ethekwini elibheka ngaseningizimu,

3 waphuma waya ngaseningizimu kommango wase-Akarabimi, wadlula waya eSini, wakhuphuka ngaseningizimu kwaseKadeshi Barineya, wadlula ngaseHesironi, wenyukela e-Adari, wajika waya eKaraka;

4 wadlula waya e-Asimoni, waya emfuleni waseGibithe; ukuphuma komkhawulo kwakungaselwandle; lowo uyakuba ngumkhawulo wenu waseningizimu.

5 Umkhawulo wasempumalanga wawuluLwandle Lukasawoti kuze kufike ekugcineni kweJordani. Umkhawulo wasohlangothini lwasenyakatho wasuka ethekwini lolwandle ngasekugcineni kweJordani;

6 umkhawulo wenyukela eBeti Hogila, wadlula ngasenyakatho kweBeti Araba; umkhawulo wakhuphukela etsheni likaBohanu indodana kaRubeni;

7 umkhawulo wenyukela eDebiri usuka esigodini sase-Akori ngasenyakatho, ubheka ngaseGiligali elibhekana nommango wase-Adumimi elingaseningizimu komfula; umkhawulo wawusudlula, waya emanzini

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

asemthonjeni waseShemeshi; ukuphuma kwawo kwakungasemthonjeni waseRogeli;

8 wawusukhuphuka umkhawulo esigodini sendodana kaHinomu ngaseceleni kweJebusi ngaseningizimu, eliyiJerusalema; umkhawulo wenyukela esiqongweni sentaba engaphambi kwesigodi sikaHinomu ngasentshonalanga ngasekugcineni kwesigodi samaRefa ngasenyakatho;

9 umkhawulo wawusususka esiqongweni sentaba, waya emthonjeni wamanzi aseNefitowa, waphuma waya emizini yasentabeni yase-Efroni; umkhawulo wasuka waya eBahala eliyiKiriyati Jeharimi;

10 umkhawulo wajika usuka eBahala ngasentshonalanga, waya entabeni yaseSeyiri, wadlula waya eceleni kwentaba yaseJeharimi ngasenyakatho, eliyiKesaloni, wehlela eBeti Shemeshi, wadlula ngaseThimna;

11 umkhawulo wawusuphuma, waya eceleni kwe-Ekroni ngasenyakatho; umkhawulo wasuka waya eShikeroni, wadlula waya entabeni yaseBahala, waphuma eJabineyeli; ukuphuma komkhawulo kwakuselwandle.

12 Umkhawulo wasentshonalanga wawuluLwandle Olukhulu nogu lwalo. Lokho kungumkhawulo wabantwana bakwaJuda nxazonke ngemindeni yabo.

13 Wamnika uKalebi indodana kaJefune isabelo phakathi kwabantwana bakwaJuda njengesiyalezo sikaJehova kuJoshuwa, umuzi ka-Araba uyise ka-Anaki, oyiHebroni.

14 UKalebi waxosha khona amadodana amathathu ka-Anaki, oSheshayi, no-Ahimani, noTalimayi, abantwana bakwa-Anaki.

15 Wasuka lapho, wenyukela kwabakhileyo eDebiri; igama leDebiri laliyiKiriyati Seferi kuqala.

16 UKalebi wathi: Onqoba iKiriyati Seferi, alithathe, yena ngiyakumnika u-Akisa indodakazi yami abe ngumkakhe.

17 U-Otheniyeli indodana kaKenazi umfowabo kaKalebi walithatha; wayesemnika u-Akisa indodakazi yakhe abe ngumkakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Kwathi ekufikeni kwakhe wamnxusa ukuba acele insimu kuyise; wehla
embongolweni yakhe; uKalebi wathi kuye: Ukhala ngani?

19 Wathi: Ngiphe isipho; lokhu unginike izwe laseningizimu, ngiphe
nemithombo yamanzi. Wamupha imithombo yasenhla nemithombo
yasenzansi.

20 Leli liyifa lesizwe sabantwana bakwaJuda ngemindeni yabo.

21 Imizi esekupheleni kwesizwe sabantwana bakwaJuda ngasemkhawulweni
wakwa-Edomi ngaseningizimu yayiyiKabiseyeli, ne-Edere, neJaguri,

22 neKina, neDimona, ne-Adada,

23 neKedeshi, neHasori, ne-Itinani,

24 neZifi, neTeleme, neBehaloti,

25 neHasori Hadatha, neKeriyote Hesironi eliyiHasori,

26 ne-Amamu, neShema, neMolada,

27 neHasari Gada, neHeshimoni, neBeti Pheleti,

28 neHasari Shuwali, neBeri Sheba, neBiziyotiya,

29 neBahala, ne-Ijimi, ne-Eseme,

30 ne-Elitoladi, neKesili, neHorma,

31 neSikilagi, neMadimana, neSanisana,

32 neLebawoti, neShilehimi, ne-Ayini, neRimoni, yonke imizi ingamashumi
amabili nesishiyagalolunye nemizana yayo.

33 Emathafeni: i-Eshitawoli, neSora, ne-Ashina,

34 neZanowa, ne-Eni Ganimi, neTaphuwa, ne-Enamu,

35 neJarimuthi, ne-Adulamu, neSoko, ne-Azeka,

36 neShaharayimi, ne-Aditayimi, neGedera, neGederotayimi, imizi iyishumi
nane nemizana yayo.

37 ISenani, neHadasha, neMigidali Gadi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

38neDilani, neMispa, neJokiteyeli,

39neLakishi, neBosikati, ne-Egiloni,

40neKaboni, neLahimamu, neKitilishi,

41neGederoti, neBeti Dagoni, neNahama, neMakheda, imizi iyishumi nesithupha nemizana yayo.

42ILibina, ne-Etere, ne-Ashani,

43neJifita, ne-Ashina, neNesibe,

44neKeyila, ne-Akizibi, neMaresha, imizi iyisishiyagalolunye nemizana yayo.

45I-Ekroni nemizi yalo nemizana yalo;

46kusukela e-Ekroni kuze kufike elwandle, yonke eyayiseceleni kwe-Ashidodi nemizana yayo.

47I-Ashidodi nemizi yalo nemizana yalo; iGaza nemizi yalo nemizana yalo, kuze kufike emfuleni waseGibithe, naseLwandle Olukhulu nogu lwalo.

48Ezintabeni: iShamiri, neJatiri, neSoko,

49neDana, neKiriyati Sana eliyiDebiri,

50ne-Anabi, ne-Eshitemo, ne-Animi,

51neGosheni, neHoloni, neGilo, imizi iyishumi nanye nemizana yayo.

52I-Araba, neDuma, ne-Eshani,

53neJanimi, neBeti Taphuwa, ne-Afeka,

54neHumitha, neKiriyati Araba eliyiHebroni, neSiyori, imizi iyisishiyagalolunye nemizana yayo.

55IMahoni, neKarmeli, neZifi, neJutha,

56neJizreyeli, neJokideyamu, neZanowa,

57neKayini, neGibeya, neThimna, imizi iyishumi nemizana yayo.

58IHalihuli, neBeti Suri, neGedori,

59neMaharati, neBeti Anoti, ne-Elitekoni, imizi iyisithupha nemizana yayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

60IKiriyati Bali eliyiKiriyati Jeharimi, neRaba, imizi mibili nemizana yayo.

61Ehlane: iBeti Araba, neMidini, neSekaka,

62neNibishani, noMuzi kaSawoti, ne-Eni Gedi, imizi iyisithupha nemizana yayo.

63 AmaJebusi ayakhe eJerusalema abantwana bakwaJuda babengenakuwaxosha, kepha amaJebusi ahlala nabantwana bakwaJuda eJerusalema kuze kube namuhla.

## UJoshuwa 16

### Isabelo sabantwana bakwaJosefa, ikakhulu esabakwa-Efrayimi

1Isabelo sabantwana bakwaJosefa sasuka eJordani ngaseJeriko emanzini aseJeriko ngasempumalanga, ihlane elenyuka eJeriko ezintabeni ukuya eBethele;

2 saphuma eBethele, saya eLuze, sadlula saya emkhawulweni wama-Araki ngase-Atharoti;

3sehlela ngasentshonalanga emkhawulweni wamaJafeleti kuze kube semkhawulweni weBeti Horoni laseNzansi naseGezeri; ukuphuma kwaso kwakuselwandle.

4Abantwana bakwaJosefa, oManase no-Efrayimi, base belidla ifa labo.

5Umkhawulo wabantwana bakwa-Efrayimi ngemindeni yabo wawunje: umkhawulo wefa labo ngasempumalanga wawuyi-Atharoti Adari kuze kube seBeti Horoni laseNhla;

6umkhawulo waphuma ngasentshonalanga ngaseMikemetha ngasenyakatho; umkhawulo wawusujika ngasempumalanga, waya eTawanati Shilo, walidlula ngasempumalanga kwaseJanowa;

7wehla eJanowa, waya e-Atharoti naseNahara, wafika eJeriko, waphumela eJordani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Kusukela eTaphuwa umkhawulo waya ngasentshonalanga, wafika emfudlaneni iKhana; ukuphuma kwawo kwakuselwandle. Lelo liyifa lesizwe sabantwana bakwa-Efrayimi ngemindeni yabo

9 kanye nemizi eyahlukaniselwa abantwana bakwa-Efrayimi phakathi kwefa labantwana bakwaManase, yonke imizi nemizana yayo.

10 Kodwa abawaxoshanga amaKhanani ahlala eGezeri, kepha amaKhanani ahlala phakathi kuka-Efrayimi kuze kube namuhla, aba yizinceku zokusebenza.

## UJoshuwa 17

### Isabelo sakwaManase ngasentshonalanga kwaseJordani

1 Lesi siyisabelo sesizwe sakwaManase, ngokuba wayeyizibulo likaJosefa. UMakiri-ke, izibulo likaManase, uyise kaGileyadi, wathola elakwaGileyadi neBashani, lokhu eyindoda yempi.

2Abanye abantwana bakwaManase babelwa nabo ngemindeni yabo: abantwana bakwa-Abiyezeri, nabantwana bakwaHeleki, nabantwana bakwa-Asiriyeli, nabantwana bakwaShekemi, nabantwana bakwaHeferi, nabantwana bakwaShemida; labo babe ngabantwana besilisa bakwaManase indodana kaJosefa ngemindeni yabo.

3 Kepha uSelofehadi kaHeferi kaGileyadi kaMakiri kaManase wayengenamadodana, enamadodakazi odwa; lawa angamagama amadodakazi: oMahela, noNowa, noHogila, noMilka, noTirisa.

4Asondela phambi kuka-Eleyazare umpristi, naphambi kukaJoshuwa indodana kaNuni, naphambi kwezikhulu, athi: UJehova wamyala uMose ukuba asinike ifa phakathi kwabafowethu. Wayesewanika ifa phakathi kwabafowabo bakayise njengesiyalezo sikaJehova.

5UManase wabelwa izabelo eziyishumi ngaphandle kwelakwaGileyadi neBashani ngapesheya kweJordani,

6 ngokuba amadodakazi kaManase aba nefa phakathi kwamadodana akhe; izwe lakwaGileyadi laba ngelamanye amadodana kaManase.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Umkhawulo kaManase wasuka kwa-Asheri, waya eMikemetha elingaphambi kweShekemi; umkhawulo wawusuya ngakwesokunene kwabakhileyo e-Eni Taphuwa.

8 Izwe laseTaphuwa lalingelikaManase, kepha iTaphuwa elisemkhawulweni kaManase lalingelabantwana bakwa-Efrayimi.

9 Umkhawulo wehlela emfudlaneni iKhana ngaseningizimu komfula; leyo mizi yayingeka-Efrayimi phakathi kwemizi kaManase; umkhawulo kaManase wawungasenyakatho komfula; ukuphuma kwawo kwakuselwandle;

10 okwaseningizimu kwakungokuka-Efrayimi, okwasenyakatho kwakungokukaManase, ulwandle lwalungumkhawulo wakhe; bafinyelela kwa-Asheri ngasenyakatho nakwa-Isakare ngasempumalanga.

11 Kwa-Isakare nakwa-Asheri uManase wabelwa iBeti Sheyani kanye nemizana yalo, neJibileyamu kanye nemizana yalo, nabakhileyo eDori kanye nemizana yalo, nabakhileyo e-Eni Dori kanye nemizana yalo, nabakhileyo eThahanaki kanye nemizana yalo, nabakhileyo eMegido kanye nemizana yalo eyizimpakama ezintathu.

12 Kodwa abantwana bakwaManase babengenakunqoba leyo mizi; kepha amaKhanani ayethanda ukuhlala kulelo zwe.

13 Kwathi lapho abantwana bakwa-Israyeli sebeqinile, bawasebenzisa amaKhanani, abawaxoshanga ngokupheleleyo.

14 Abantwana bakwaJosefa bakhuluma kuJoshuwa, bathi: Unginikeleni isabelo sibe sinye nje nesinqamu sibe sinye kuphela, kube yifa lami, lokhu ngiyisizwe esikhulu, njengokuba uJehova ungibusisile kuze kube manje, na?

15 UJoshuwa wathi kubo: Uma uyisizwe esikhulu, khuphukela ehlathini, uzicabele khona ezweni lamaPherizi nakwelamaRefa, lokhu izintaba zakwa-Efrayimi ziminyene kuwe.

16 Bathi abantwana bakwaJosefa: Izintaba azisanele; onke amaKhanani ahlala ezweni lesigodi anezinqola zensimbi, wona aseBeti Sheyani kanye nemizana yalo nawo asesiGodini saseJizreyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[17]UJoshuwa wayesekhuluma kuyo indlu kaJosefa, naku-Efrayimi, nakuManase, ethi: Uyisizwe esikhulu, unamandla amakhulu; awuyikuba nasabelo esisodwa nje;

[18]kepha izintaba ziyakuba ngezakho; noma ziyihlathi, woligawula; namaphethelo alo mawabe ngawakho, ngokuba uyakuwaxosha amaKhanani, nakuba enezinqola zensimbi nakuba enamandla.

## UJoshuwa 18

### Itende lokuhlangana

[1] Yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli yabuthana eShilo, yamisa khona itende lokuhlangana; izwe lanqotshwa phambi kwabo.

[2]Kwasala phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli izizwe eziyisikhombisa ezingakabelwa ifa lazo.

[3]UJoshuwa wathi kubantwana bakwa-Israyeli: Niyakuyekethisa kuze kube nini ukuya ukulidla izwe uJehova uNkulunkulu wawoyihlo aninike lona na?

[4]Zimiseleni amadoda amathathu izizwe ngezizwe; ngiyakuwathuma ukuba asuke ahambe ezweni, alilobe njengamafa azo, aze afike kimi.

[5]Ayakwahlukanisa izabelo eziyisikhombisa: uJuda uyakuhlala emkhawulweni wakhe ngaseningizimu, indlu kaJosefa ihlale emkhawulweni wayo ngasenyakatho.

[6]Anoloba izwe kube yizabelo eziyisikhombisa, nikulethe lapha kimi, nginenzele inkatho lapha phambi kukaJehova uNkulunkulu wethu.

[7] Ngokuba amaLevi awanasabelo phakathi kwenu, lokhu ubupristi bukaJehova buyifa lawo; oGadi noRubeni nenxenye yesizwe sakwaManase sebamukela ifa labo ngaphesheya kweJordani ngasempumalanga abanika lona uMose inceku kaJehova.

[8]Amadoda ayesesuka, ahamba; uJoshuwa wayala abahambayo ukuba balobe izwe, wathi: Sukani nihambe ezweni, nililobe, nibuyele kimi, nginenzele inkatho phambi kukaJehova eShilo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

9Ayesehamba amadoda, adabula izwe, alilоba ngemizi, kwaba yizabelo
eziyisikhombisa encwadini; afika kuJoshuwa ekamu laseShilo.

10UJoshuwa wawenzela inkatho eShilo phambi kukaJehova; uJoshuwa
wababela khona abantwana bakwa-Israyeli izwe njengezabelo zalo.

**Isabelo sakwaBenjamini**

11Inkatho yadla isizwe sabantwana bakwaBenjamini ngemindeni yabo;
umkhawulo wesabelo sabo waphuma phakathi kwabantwana bakwaJuda
nabantwana bakwaJosefa.

12Umkhawulo wabo ngasohlangothini lwasenyakatho waphuma eJordani;
umkhawulo wenyuka eceleni kweJeriko ngasenyakatho, wakhuphukela
ezintabeni ngasentshonalanga; ukuphuma kwawo kwakungasehlane laseBeti
Aveni.

13 Umkhawulo wasuka lapho, waya eLuze eceleni kweLuze eliyiBethele
ngaseningizimu; umkhawulo wawusehlela e-Atharoti Adari ngasentabeni
engaseningizimu kwaseBeti Horoni laseNzansi.

14Umkhawulo wasuka, wajika ngasohlangothini lwasentshonalanga
ngaseningizimu, kusukela entabeni ephambi kweBeti Horoni ngaseningizimu;
ukuphuma kwawo kwakungaseKiriyati Bali eliyiKiriyati Jeharimi, umuzi
wabantwana bakwaJuda; lokho kwakuluhlangothi lwasentshonalanga.

15 Uhlangothi lwaseningizimu lwasuka ekupheleni kweKiriyati Jeharimi,
umkhawulo waphuma waya ngasentshonalanga emthonjeni wamanzi
aseNefitowa;

16 umkhawulo wawusehlela ngasekupheleni kwentaba engaphambi kwesigodi
sendodana kaHinomu esiyisigodi samaRefa ngasenyakatho; wehlela esigodini
sikaHinomu eceleni kwamaJebusi ngaseningizimu, wehlela e-Eni Rogeli;

17 wasuka enyakatho, waphuma e-Eni Shemeshi, waya eGeliloti elibhekene
nommango wase-Adumimi, wehlela etsheni likaBohanu indodana kaRubeni;

18wadlula waya eceleni elibhekene ne-Araba ngasenyakatho, wehlela e-Araba;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[19]umkhawulo wadlula, waya eceleni kweBeti Hogila ngasenyakatho, ukuphuma komkhawulo kwakungasethekwini lasenyakatho koLwandle Lukasawoti ngasekugcineni kweJordani ngaseningizimu; lokho kwakungumkhawulo waseningizimu.

[20]IJordani lalingumkhawulo walo ngasohlangothini lwasempumalanga. Lokho kwakuyifa labantwana bakwaBenjamini njengemikhawulo yabo nxazonke ngemindeni yabo.

[21]Imizi yesizwe sabantwana bakwaBenjamini ngemindeni yabo yayiyiJeriko, neBeti Hogila, ne-Emeki Kesisi,

[22]neBeti Araba, neSemarayimi, neBethele,

[23]ne-Avimi, nePhara, ne-Ofira,

[24]neKefari Amoni, ne-Ofini, neGeba, imizi iyishumi nambili nemizana yayo;

[25]iGibeyoni, neRama, neBeyeroti,

[26]neMispa, neKefira, neMosa,

[27]neRekemi, ne-Iripeyeli, neTarala,

[28]neSela, ne-Elefi, neJebusi eliyiJerusalema, neGibeyati, neKiriyati, imizi iyishumi nane nemizana yayo. Lokho kwakuyifa labantwana bakwaBenjamini ngemindeni yabo.

## UJoshuwa 19

### Isabelo sesizwe sakwaSimeyoni

[1] Inkatho yesibili yadla uSimeyoni, isizwe sabantwana bakwaSimeyoni ngemindeni yabo; ifa labo laliphakathi kwefa labantwana bakwaJuda.

[2]Ifa labo laliyiBeri Sheba, neSheba, neMolada,

[3]neHasari Shuwali, neBala, ne-Eseme,

[4]ne-Elitoladi, neBethuli, neHorma,

[5]neSikilagi, neBeti Marikaboti, neHasari Susa,

[6]neBeti Lebawoti, neSharuheni, imizi iyishumi nantathu nemizana yayo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

7i-Ayini, neRimoni, ne-Etere, ne-Ashani, imizi mine nemizana yayo,

8nayo yonke imizana eyayinxazonke zaleyo mizi kuze kube seBalati Beri,
iRama laseNingizimu. Lokho kwakuyifa lesizwe sabantwana bakwaSimeyoni
ngemindeni yabo.

9Ifa labantwana bakwaSimeyoni lavela esabelweni sabantwana bakwaJuda,
ngokuba isabelo sabantwana bakwaJuda sasisikhulu kubo; ngalokho
abantwana bakwaSimeyoni babenefa phakathi kwefa labo.

### Isabelo sakwaZebuloni

10Inkatho yesithathu yadla abantwana bakwaZebuloni ngemindeni yabo;
umkhawulo wefa labo wafika eSaridi;

11umkhawulo wabo wenyukela ngasentshonalanga kuze kube seMarala,
wafinyelela naseDabesheti, wafinyelela nasemfuleni ongasempumalanga
kwaseJokineyamu,

12wajika wasuka eSaridi ngasempumalanga, lapho kuphuma khona ilanga,
kuze kube semkhawulweni waseKisiloti Thabori, waphuma waya eDaberati,
wenyukela eJafiya;

13kusukela lapho wadlula waya ngasempumalanga eGati Heferi, nase-Eti
Kasini, waphuma waya eRimoni elifika naseNeya;

14umkhawulo wawusujika ngasenyakatho kwalo, waya eHanathoni;
ukuphuma kwawo kwakungasesigodini saseJifitayeli;

15neKathati, neNahalali, neShimroni, neJidala, neBetlehema, imizi iyishumi
nambili nemizana yayo.

16Lokho kwakuyifa labantwana bakwaZebuloni ngemindeni yabo, leyo mizi
kanye nemizana yayo.

### Isabelo sakwa-Isakare

17Inkatho yesine yadla u-Isakare, abantwana bakwa-Isakare ngemindeni yabo.

18Umkhawulo wabo wawuyiJizreyeli, neKesuloti, neShunemi,

19neHafarayimi, neShiyoni, ne-Anaharati,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]neRabiti, neKishiyoni, ne-Ebesi,

[21]neRemeti, ne-Eni Ganimi, ne-EniHada, neBeti Phasesi;

[22]umkhawulo wafinyelela eThabori, naseShahasuma, naseBeti Shemeshi; ukuphuma komkhawulo wabo kwakuseJordani, imizi iyishumi nesithupha nemizana yayo.

[23]Lokho kwakuyifa lesizwe sabantwana bakwa-Isakare ngemindeni yabo, imizi kanye nemizana yayo.

### Isabelo sakwa-Asheri

[24]Inkatho yesihlanu yadla isizwe sabantwana bakwa-Asheri ngemindeni yabo.

[25]Umkhawulo wabo wawuyiHelikati, neHali, neBetheni, ne-Akishafu,

[26]ne-Alameleki, ne-Amadi, neMishali; wafinyelela eKarmeli ngasentshonalanga, naseShihori Libinati;

[27]wajika ngasempumalanga, waya eBeti Dagoni, wafinyelela kwaZebuloni nasesigodini saseJifitayeli ngasenyakatho ukuya eBeti Emeki naseNeyiyeli, waphumela eKabuli ngakwesokhohlo;

[28]ne-Ebironi, neRehobi, neHamoni, neKhana, neSidoni Elikhulu;

[29]umkhawulo wajika waya eRama, nasemzini obiyelweyo waseTire; umkhawulo wajika waya eHosa; ukuphuma kwawo kwakuselwandle ngasezweni lase-Akizibi;

[30]ne-Uma, ne-Afeki, neRehobi, imizi ingamashumi amabili nemizana yayo.

[31]Lokho kwakuyifa lesizwe sabantwana bakwa-Asheri ngemindeni yabo, leyo mizi kanye nemizana yayo.

### Isabelo sakwaNafetali

[32]Inkatho yesithupha yadla abantwana bakwaNafetali, abantwana bakwaNafetali ngemindeni yabo.

[33]Umkhawulo wabo wasuka eHelefi, kulo i-oki laseSahananimi, nase-Adami Nekebi, naseJabineyeli, waze wafika eLakumi; ukuphuma kwawo kwakungaseJordani;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34umkhawulo wawusujika ngasentshonalanga, waya e-Azinoti Thabori; waphuma lapho, waya eHukoki; wafinyelela kwaZebuloni ngaseningizimu, wafinyelela kwa-Asheri ngasentshonalanga nakwaJuda ngaseJordani ngasempumalanga.

35Imizi ebiyelweyo yayiyiSidimi, neSeri, neHamati, neRakati, neKinereti,

36ne-Adama, neRama, neHasori,

37neKedeshi, ne-Edireyi, ne-EniHasori,

38neJireyoni, neMigidaliyeli, neHoremi, neBeti Anati, neBeti Shemeshi, imizi iyishumi nesishiyagalolunye nemizana yayo.

39Lokho kwakuyifa lesizwe sabantwana bakwaNafetali ngemindeni yabo, imizi kanye nemizana yayo.

### Isabelo sakwaDani

40Inkatho yesikhombisa yadla abantwana bakwaDani ngemindeni yabo.

41Umkhawulo wefa labo wawuyiSora, ne-Eshitawoli, ne-Iri Shemeshi,

42neShahalabini, ne-Ajaloni, neJitila,

43ne-Eloni, neThimna, ne-Ekroni,

44ne-Eliteke, neGibethoni, neBalati,

45neJehudi, neBene Beraki, neGati Rimoni,

46neMe Jarikhoni, neRakhoni, kanye nomkhawulo malungana neJafo.

47 Umkhawulo wabantwana bakwaDani waphuma kuwo; kepha abantwana bakwaDani bakhuphuka balwa neLeshemu, balithatha, balichitha ngosiko lwenkemba, balidla, bakha kulo, baliqamba iLeshemu ngokuthi iDani ngegama likaDani uyise.

48Lokho kwakuyifa lesizwe sabantwana bakwaDani ngemindeni yabo, leyo mizi kanye nemizana yayo.

### Isabelo sikaJoshuwa

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

49Base beqeda ukwabelana izwe libe yifa ngemikhawulo yalo; abantwana
bakwa-Israyeli bamnika uJoshuwa indodana kaNuni ifa phakathi kwabo;

50ngesiyalezo sikaJehova bamnika umuzi awucelayo, iThimnati Sera,
ezintabeni zakwa-Efrayimi; wakha umuzi, wahlala kuwo.

51 Lawo angamafa abawabela ngenkatho u-Eleyazare umpristi, noJoshuwa
indodana kaNuni, nezinhloko zawoyise bezizwe zabantwana bakwa-Israyeli
eShilo phambi kukaJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana. Baqeda-ke
ukwabela izwe.

## UJoshuwa 20

### Imizi eyisithupha yokuphephela

1 UJehova wakhuluma kuJoshuwa, wathi:

2 Khuluma kubantwana bakwa-Israyeli ngokuthi: Zimiseleni imizi
yokuphephela engakhuluma ngayo kini ngesandla sikaMose

3ukuba umbulali obulala umuntu ngesiphosiso kungengamabomu abalekele
khona, yona ibe yisiphephelo kumphindiseli wegazi.

4 Obalekelayo komunye waleyo mizi uyakuma ngasesikhaleni sesango lomuzi,
akhulume indaba yakhe ezindlebeni zamalunga alowo muzi, angene naye
emzini, amuphe indawo ukuba ahlale phakathi kwabo.

5Uma umphindiseli wegazi emxosha, awayikumnikela umbulali esandleni
sakhe, ngokuba wambulala umakhelwane wakhe kungengamabomu ebekade
engamzondi.

6Uyakuhlala kulowo muzi aze eme phambi kwenhlangano ukuba kuthethwe
icala, kuze kufe umpristi omkhulu okhona ngalezo zinsuku, andukuba
umbulali abuye, afike kowakhe umuzi, nakweyakhe indlu, yebo, kulowo muzi
abaleka kuwo.

7Bangcwelisa iKedeshi laseGalile ezintabeni zakwaNafetali, neShekemi
ezintabeni zakwa-Efrayimi, neKiriyati Araba eliyiHebroni ezintabeni
zakwaJuda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Phesheya kweJordani ngaseJeriko ngasempumalanga bamisa iBeseri ehlane ethafeni esizweni sakwaRubeni, neRamoti kwaGileyadi esizweni sakwaGadi, neGolanu eBashani esizweni sakwaManase.

9Leyo yayiyimizi emiselwe bonke abantwana bakwa-Israyeli nabafokazi ababegogobele phakathi kwabo, ukuze yilowo nalowo obulele umuntu ngesiphosiso abalekele khona, angafi ngesandla somphindiseli wegazi, aze eme phambi kwenhlangano.

## UJoshuwa 21

### Imizi engamashumi amane nesishiyagalombili yamaLevi

1Kwasondela izinhloko zawoyise bamaLevi ku-Eleyazare umpristi, nakuJoshuwa indodana kaNuni, nakuzo izinhloko zawoyise bezizwe zabantwana bakwa-Israyeli,

2 bakhuluma kubo eShilo ezweni laseKhanani, bathi: UJehova wayala ngesandla sikaMose ukuba siphiwe imizi ukuhlala kuyo kanye namadlelo ayo, abe ngawezinkomo zethu.

3Abantwana bakwa-Israyeli base bewanika amaLevi efeni labo njengesiyalezo sikaJehova le mizi kanye namadlelo ayo.

4Inkatho yadla imindeni yamaKohati; abantwana bakwa-Aroni umpristi ababe ngamaLevi babelwa esizweni sakwaJuda, nasesizweni sakwaSimeyoni, nasesizweni sakwaBenjamini imizi eyishumi nantathu.

5Abantwana abaseleyo bamaKohati babelwa emindenini yesizwe sakwa-Efrayimi, nasesizweni sakwaDani, nakuyo inxenye yesizwe sakwaManase imizi eyishumi.

6Abantwana bakwaGereshoni babelwa emindenini yesizwe sakwa-Isakare, nasesizweni sakwa-Asheri, nasesizweni sakwaNafetali, nakuyo inxenye yesizwe sakwaManase eBashani imizi eyishumi nantathu.

7Abantwana bakwaMerari ngemindeni yabo babelwa esizweni sakwaRubeni, nasesizweni sakwaGadi, nasesizweni sakwaZebuloni imizi eyishumi nambili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

8Abantwana bakwa-Israyeli bawanika amaLevi ngenkatho leyo mizi kanye namadlelo ayo, njengalokho uJehova ebeyalile ngesandla sikaMose.

9Abelwa esizweni sabantwana bakwaJuda nasesizweni sabantwana bakwaSimeyoni lemizi eshiwo lapha ngamagama

10 yaba ngeyabantwana bakwa-Aroni bemindeni yamaKohati ayengamaLevi; ngokuba inkatho yokuqala yaba ngeyabo.

11 Bawanika umuzi ka-Araba owayenguyise ka-Anaki, oyiHebroni, ezintabeni zakwaJuda, kanye namadlelo awo nxa zonke zawo.

12Kepha amasimu omuzi nemizana yawo bamnika khona uKalebi indodana kaJefune kube yifa lakhe.

13 Abantwana bakwa-Aroni, umpristi, babanika iHebroni kanye namadlelo alo, umuzi wokuphephela wombulali, neLibina kanye namadlelo alo,

14neJatiri namadlelo alo, ne-Eshitemowa namadlelo alo,

15neHoloni namadlelo alo, neDebiri namadlelo alo,

16ne-Ayini namadlelo alo, neJutha namadlelo alo, neBeti Shemeshi namadlelo alo, imizi eyisishiyagalolunye kulezo zizwe zombili.

17Esizweni sakwaBenjamini: iGibeyoni namadlelo alo, neGeba namadlelo alo,

18ne-Anathoti namadlelo alo, ne-Alimoni namadlelo alo, imizi mine.

19Yonke imizi yabantwana bakwa-Aroni, abapristi, yayiyimizi eyishumi nantathu namadlelo ayo.

20Imindeni yabantwana bamaKohati amaLevi, abantwana abaseleyo bamaKohati, yabelwa ngenkatho imizi yabo esizweni sakwa-Efrayimi.

21Bayinika iShekemi namadlelo alo ezintabeni zakwa-Efrayimi, umuzi wokuphephela wombulali, neGezeri namadlelo alo,

22neKibisayimi namadlelo alo, neBeti-Horoni namadlelo alo, imizi mine.

23Esizweni sakwaDani: i-Elitheke namadlelo alo, neGibethoni namadlelo alo,

24ne-Ajaloni namadlelo alo, neGati Rimoni namadlelo alo, imizi mine.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Kuyo inxenye yesizwe sakwaManase: iThahanaki namadlelo alo, neGati
Rimoni namadlelo alo, imizi mibili.

26Yonke imizi yemindeni yabantwana abaseleyo bamaKohati yayiyishumi
namadlelo ayo.

27Abantwana bakwaGereshoni bemindeni yamaLevi babelwa kuyo inxenye
yesizwe sakwaManase iGolanu eBashani namadlelo alo, umuzi wokuphephela
wombulali, neBeyeshitera namadlelo alo, imizi mibili.

28Esizweni sakwa-Isakare: iKishiyoni namadlelo alo, neDaberati namadlelo
alo,

29neJarimuthi namadlelo alo, ne-Eni Ganimi namadlelo alo, imizi mine.

30Esizweni sakwa-Asheri: iMishali namadlelo alo, ne-Abidoni namadlelo alo,

31neHelikati namadlelo alo, neRehobe namadlelo alo, imizi mine.

32Esizweni sakwaNafetali: iKedeshi laseGalile namadlelo alo, umuzi
wokuphephela wombulali, neHamoti Dori namadlelo alo, neKaritani
namadlelo alo, imizi mithathu.

33Yonke imizi yamaGereshoni ngemindeni yawo yayiyimizi eyishumi
nantathu namadlelo ayo.

34Imindeni yabantwana bakwaMerari, abaseleyo kumaLevi, yabelwa esizweni
sakwaZebuloni iJokineyamu namadlelo alo, neKarita namadlelo alo,

35neDimina namadlelo alo, neNahalali namadlelo alo, imizi mine.

36Esizweni sakwaRubeni: iBeseri namadlelo alo, neJahasi namadlelo alo,

37neKedemoti namadlelo alo, neMefahati namadlelo alo, imizi mine.

38Esizweni sakwaGadi: iRamoti kwaGileyadi namadlelo alo, umuzi
wokuphephela wombulali, neMahanayimi namadlelo alo,

39neHeshiboni namadlelo alo, neJazeri namadlelo alo, yonke iyimizi emine.

40Yonke imizi yabantwana bakwaMerari ngemindeni yabo, imindeni eseleyo
yamaLevi, isabelo sabo sasiyimizi eyishumi nambili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

41 Yonke imizi yamaLevi phakathi kwefa labantwana bakwa-Israyeli yayiyimizi engamashumi amane nesishiyagalombili namadlelo ayo.

42Leyo mizi yonke yayinamadlelo ayo nxazonke zayo; kwakunjalo kuyo yonke leyo mizi.

43 UJehova wamnika-ke u-Israyeli lonke izwe afunga ukubanika lona oyise, balidla, bakha kulo.

44 UJehova wabanika ukuphumula nxazonke njengakho konke ayekufungile koyise; kwakungekho muntu kuzo zonke izitha zabo owema phambi kwabo; uJehova wanikela zonke izitha zabo esandleni sabo.

45 Akuphuthanga lutho kukho konke okuhle uJehova akukhuluma khona kuyo indlu ka-Israyeli; kwenziwa konke.

## UJoshuwa 22

### I-altare ngaseJordani

1UJoshuwa wababiza abakwaRubeni, nabakwaGadi, nenxenye yesizwe sakwaManase,

2 wathi kubo: Nigcinile konke uMose inceku kaJehova aniyala ngakho, nalalela izwi lami kukho konke enganiyala ngakho;

3anishiyanga abafowenu lezi zinsuku eziningi kuze kube namuhla, kepha nigcinile imfanelo yomyalo kaJehova uNkulunkulu wenu.

4 Manje uJehova uNkulunkulu wenu ubanikile abafowenu ukuphumula njengalokho ebekhuluma kubo; ngalokho buyani, niye ematendeni enu ezweni lefa lenu aninika lona uMose inceku kaJehova ngaphesheya kweJordani.

5 Qaphelisisani kuphela ukwenza imiyalo nomthetho aniyala ngakho uMose inceku kaJehova ukuba nimthande uJehova uNkulunkulu wenu, nihambe kuzo zonke izindlela zakhe, nigcine imiyalo yakhe, ninamathele kuye, nimkhonze ngayo yonke inhliziyo yenu nangawo wonke umphefumulo wenu.

6UJoshuwa wayesebabusisa, wabamukisa; baya ematendeni abo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Inxenye yesizwe sakwaManase uMose wayeyabele izwe eBashani, kepha inxenye uJoshuwa wayinika izwe phakathi kwabafowabo phesheya kweJordani ngasentshonalanga. Lapho uJoshuwa esebamukisa ukuba baye ematendeni abo, wababusisa, wakhuluma kubo, wathi:

8 Buyelani ematendeni enu nemfuyo eningi: izinkomo eziningi kakhulu, nesiliva, negolide, nethusi, nensimbi, nezingubo eziningi, nabelane impango yezitha zenu nabafowenu.

9 Abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi nenxenye yesizwe sakwaManase babuya, bamuka kubantwana bakwa-Israyeli eShilo eliyizwe laseKhanani ukuba baye ezweni lakwaGileyadi, izwe lefa labo, ababelwa lona njengesiyalezo sikaJehova ngesandla sikaMose;

10 sebefike eziyingeni zamatshe ngaseJordani ezisezweni laseKhanani abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi nenxenye yesizwe sakwaManase bakha khona i-altare ngaseJordani, liyi-altare elikhulu ukubonakala kwalo.

11 Abantwana bakwa-Israyeli bezwa kuthiwa: Bhekani, abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi nenxenye yesizwe sakwaManase bakhile i-altare malungana nezwe laseKhanani eziyingeni zamatshe ngaseJordani ngapheseya kwabantwana bakwa-Israyeli.

12 Abantwana bakwa-Israyeli sebezwile lokho, yonke inhlangano yabantwana bakwa-Israyeli yabuthana ngaseShilo ukuba ikhuphuke ilwe nabo.

13 Abantwana bakwa-Israyeli bathuma kubantwana bakwaRubeni nakubantwana bakwaGadi nakuyo inxenye yesizwe sakwaManase ezweni lakwaGileyadi uFinehasi indodana ka-Eleyazare umpristi,

14 nezikhulu eziyishumi kanye naye, isikhulu sibe sinye ngendlu kayise ezizweni zonke zakwa-Israyeli, yileso naleso siyinhloko yendlu kayise phakathi kwemindeni yakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Bafika kubantwana bakwaRubeni nakubantwana bakwaGadi nakuyo inxenye yesizwe sakwaManase ezweni lakwaGileyadi, bakhuluma kubo, bathi:

16 Isho kanje yonke inhlangano kaJehova, ithi: Isiphambeko sini enisenzile kuNkulunkulu ka-Israyeli ukuba nibuye namuhla ekumlandeleni uJehova ngokuzakhela i-altare, nihlubuke namuhla uJehova.

17 Ububi basePeyori buncane yini kithi esingakazihlambululi kubo kuze kube namuhla, noma inhlangano kaJehova yehlelwa yisifo,

18ukuba nibuye namuhla ekumlandeleni uJehova na? Kuzakuthi uma nihlubuka namuhla uJehova, athukuthelele yonke inhlangano ka-Israyeli kusasa.

19Kepha uma izwe lefa lenu lingcolile, welani, niye ezweni lefa likaJehova, lapho lihlala khona itabernakele likaJehova, nibe nefa phakathi kwethu; kepha ningahlubuki uJehova, ningahlubuki futhi kithi ngokuzakhela i-altare ngaphandle kwe-altare likaJehova uNkulunkulu wethu.

20 U-Akani indodana kaZera akenzanga yini isiphambeko kukho okuqalekisiweyo, yonke inhlangano yakwa-Israyeli yehlelwa yintukuthelo na? Futhi akafanga yedwa lowo muntu ebubini bakhe.

21Abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi nenxenye yesizwe sakwaManase baphendula, bakhuluma kuzo izinhloko zemindeni yakwa-Israyeli, bathi:

22 UNkulunkulu, uJehova uNkulunkulu, yebo, uNkulunkulu, uJehova uNkulunkulu, uyakwazi, no-Israyeli futhi uyakukwazi ukuthi uma kwakungokuhlubuka noma kungokuphambuka kuJehova, ungasisindisi namuhla

23ngokuthi sizakhele i-altare, sabuya ekumlandeleni uJehova; futhi uma kwakungukuba sinikele phezu kwalo ngeminikelo yokushiswa nangeminikelo yempuphu, nokuba sinikele ngemihlatshelo yeminikelo yokuthula phezu kwalo, uJehova uqobo makakubize.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Qha, impela senzile lokho ngokunakekela nangesizathu, sathi: Ngesikhathi
esizayo abantwana benu bangakhuluma kubantwana bethu ngokuthi:
Ninamsebenzi muni noJehova uNkulunkulu ka-Israyeli na?

25UJehova wenzile iJordani umkhawulo phakathi kwethu nani, nina
bantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi; aninasabelo kuJehova;
abantwana benu bese bebuyisela emuva abantwana bethu ukuba bangabe
besamesaba uJehova.

26 Sase sithi-ke: Masenze silakhe i-altare, lingabi ngelomnikelo wokushiswa
nelomhlatshelo,

27 kepha libe ngufakazi phakathi kwethu nani naphakathi kwezizukulwane
zethu emva kwethu, ukuze senze inkonzo kaJehova phambi kwakhe
ngeminikelo yethu yokushiswa, nangemihlatshelo yethu, nangeminikelo
yethu yokuthula, ukuba abantwana benu bangasho kubantwana bethu
ngesikhathi esizayo ukuthi: Aninasabelo kuJehova.

28 Sathi-ke: Kuyakuthi lapho besho kanjalo kithi nakuzo izizukulwane zethu
ngesikhathi esizayo, sisho ukuthi: Bhekani isifanekiso se-altare likaJehova
abalenzayo obaba, lingabi ngeleminikelo yokushiswa nelemihlatshelo;
lingufakazi phakathi kwethu nani.

29 Makube kude nathi ukuba sihlubuke uJehova, sibuye namuhla
ekumlandeleni uJehova ngokwakha i-altare leminikelo yokushiswa,
neleminikelo yempuphu, nelemihlatshelo, ngaphandle kwe-altare likaJehova
uNkulunkulu wethu eliphambi kwetabernakele lakhe.

30Kuthe uFinehasi umpristi, nezikhulu zenhlangano, izinhloko zemindeni
yakwa-Israyeli ezazinaye sezizwile amazwi akhulunywa ngabantwana
bakwaRubeni, nangabantwana bakwaGadi, nangabantwana bakwaManase,
kwaba kuhle emehlweni abo.

31UFinehasi indodana ka-Eleyazare umpristi wathi kubantwana bakwaRubeni
nakubantwana bakwaGadi nakubantwana bakwaManase: Namuhla siyazi
ukuthi uJehova uphakathi kwethu, ngokuba anenzanga lesi siphambeko

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kuJehova; manje senophulile abantwana bakwa-Israyeli esandleni sikaJehova.

32UFinehasi indodana ka-Eleyazare umpristi nezikhulu babuya kubantwana bakwaRubeni nakubantwana bakwaGadi ezweni lakwaGileyadi, bebuyela ezweni laseKhanani kubantwana bakwa-Israyeli, bababuyisela izwi.

33Leyo nto yaba nhle emehlweni abantwana bakwa-Israyeli; abantwana bakwa-Israyeli bambonga uNkulunkulu, ababe besasho ukuthi bayakukhuphuka babahlasele, bachithe izwe ababehlala kulo abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi.

34Abantwana bakwaRubeni nabantwana bakwaGadi balibiza i-altare ngokuthi: Lingufakazi phakathi kwethu wokuthi uJehova unguNkulunkulu.

## UJoshuwa 23

### UJoshuwa uyala abantu

1Kwathi emva kwezinsuku eziningi, lapho uJehova esephumuzile u-Israyeli ezitheni zabo zonke nxazonke, uJoshuwa esemdala eneminyaka eminingi,

2 uJoshuwa wabiza wonke u-Israyeli, amalunga akhe, nezinhloko zakhe, nabahluleli bakhe, nezinduna zakhe, wathi kubo: Sengimdala ngineminyaka eminingi;

3 nibonile konke uJehova uNkulunkulu wenu akwenzile kuzo zonke lezi zizwe ngenxa yenu, ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu nguye onilweleyo.

4Bhekani, nginabele lezi zizwe eziseleyo zibe yifa lezizwe zenu, kusukela eJordani, kanye nezizwe zonke engizinqumileyo, kuze kufike eLwandle Olukhulu ngasentshonalanga.

5 UJehova uNkulunkulu wenu uyakuzixosha ngaphambi kwenu, azidungule ebusweni benu, nilidle izwe lazo, njengalokho ebekhuluma uJehova uNkulunkulu wenu kini.

6 Yimani kakhulu isibindi ukugcina nokwenza konke okulotshiwe encwadini yomthetho kaMose, ukuze ningachezuki kukho ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 ukuba ningangeni kulezo zizwe ezisele phakathi kwenu, ningabizi amagama awonkulunkulu bazo, ningabafungi, ningabakhonzi, ningabakhothameli,

8 kepha ninamathele kuJehova uNkulunkulu wenu, njengalokho nenzile kuze kube namuhla.

9 Ngokuba uJehova uxoshile ngaphambi kwenu izizwe ezinkulu ezinamandla, kepha nina, akukho muntu omile phambi kwenu kuze kube namuhla.

10 Umuntu oyedwa uxoshile inkulungwane, ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu nguye onilwelayo, njengalokho ebekhuluma kini.

11 Qaphelisisani ukuba nimthande uJehova uNkulunkulu wenu.

12 Ngokuba uma nibuyela emuva, ninamathele ensalini yalezo zizwe, zona lezi ezisele phakathi kwenu, niganiselane nazo, ningene kuzo, nazo kini,

13 yazini nokwazi ukuthi uJehova uNkulunkulu akasayikuzixosha lezo zizwe phambi kwenu, kepha zoba lugibe nesihibe kini, nenkalivasi ezinhlangothini zenu, nameva emehlweni enu, nize nibhubhe kuleli zwe elihle uJehova uNkulunkulu wenu aninike lona.

14 Bhekani, namuhla ngiyahamba indlela yomhlaba wonke; niyazi ezinhliziyweni zenu zonke nasemiphefumulweni yenu yonke ukuthi akuphuthanga nento eyodwa kuzo zonke izinto ezinhle azikhuluma uJehova uNkulunkulu wenu ngani; kwenziwa konke kini, akuphuthanga nento eyodwa kukho.

15 Kuyakuthi njengalokho zonke izinto ezinhle zenziwe kini akhuluma ngazo uJehova uNkulunkulu wenu kini, kanjalo uJehova ehlisele phezu kwenu zonke izinto ezimbi, aze anibhubhise kuleli zwe elihle uJehova uNkulunkulu wenu aninike lona.

16 Uma neqa isivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wenu akuyala ngaso, niye nikhonze abanye onkulunkulu, nibakhothamele, intukuthelo kaJehova iyakunivuthela, nibhubhe masinyane ezweni elihle aninike lona.

## UJoshuwa 24

### Inkulumo yokugcina kaJoshuwa

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society of south africa

[1] UJoshuwa wabutha zonke izizwe zakwa-Israyeli eShekemi, wabiza amalunga akwa-Israyeli, nezinhloko zakhe, nabahluleli bakhe, nezinduna zakhe, bema phambi kukaNkulunkulu.

[2] UJoshuwa wathi kubantu bonke: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Oyihlo bahlala endulo ngaphesheya koMfula, uThera uyise ka-Abrahama noyise kaNahori, bakhonza abanye onkulunkulu.

[3]Ngamthatha uyihlo u-Abrahama ngaphesheya koMfula, ngamhambisa ezweni lonke laseKhanani, ngayandisa inzalo yakhe, ngamupha u-Isaka.

[4] Ngamupha u-Isaka oJakobe no-Esawu; ngamnika u-Esawu intaba yaseSeyiri ukuba ayidle; uJakobe nabantwana bakhe behlela eGibithe.

[5] Ngathuma oMose no-Aroni, ngahlupha iGibithe ngalokho engakwenza phakathi kwalo; ngasemuva nganikhipha.

[6] Ngakhipha oyihlo eGibithe; nafika elwandle; abaseGibithe babaxosha oyihlo ngezinqola nangabamahhashi, baze bafika eLwandle Olubomvu.

[7]Lapho bekhala kuJehova, wabeka ubumnyama phakathi kwenu nabaseGibithe, waluhambisa ulwandle phezu kwabo, wabasibekela; amehlo enu abona engakwenzayo eGibithe; nahlala ehlane izinsuku eziningi.

[8] Nganingenisa ezweni lama-Amori ahlala ngaphesheya kweJordani, alwa nani; ngawanikela esandleni senu, nadla izwe lawo; ngawachitha phambi kwenu.

[9] Kwase kuvuka uBalaki indodana kaSipori, inkosi yakwaMowabi, walwa no-Israyeli; wathuma wabiza uBileyamu indodana kaBeyori ukuba aniqalekise,

[10]kepha angithandanga ukumlalela uBileyamu, kodwa kakhulu wanibusisa, nganophula esandleni sakhe.

[11] Nase niwela iJordani, nafika eJeriko; amadoda aseJeriko alwa nani, nama-Amori, namaPherizi, namaKhanani, namaHeti, namaGirigashi, namaHivi, namaJebusi, ngawanikela esandleni senu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngathuma iminyovu phambi kwenu eyawaxosha phambi kwenu amakhosi omabili ama-Amori, kungengankemba yakho noma ngomnsalo wakho.

13Nganinika izwe eningakhandlekanga kulo, nemizi eningayakhanga nihlala nokho kuyo; niyadla ezivinini naseminqumeni eningakutshalanga.

14 Manje yesabani uJehova, nimkhonze ngobuqotho nangeqiniso, nisuse onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo phesheya koMfula naseGibithe, nimkhonze uJehova.

15Uma kukubi emehlweni enu ukumkhonza uJehova, khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza, noma onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo besengaphesheya koMfula, noma onkulunkulu bama-Amori enihlala ezweni lawo; kepha mina nendlu yami siyakumkhonza uJehova.

16Abantu baphendula bathi: Makube kude nathi ukumshiya uJehova ukuba sikhonze abanye onkulunkulu,

17ngokuba uJehova uNkulunkulu wethu nguye owasikhuphula thina nawobaba ezweni laseGibithe, indlu yobugqila, nowazenza lezo zibonakaliso emehlweni ethu, wasilondoloza endleleni yonke esahamba ngayo, naphakathi kwabo bonke abantu esadlula phakathi kwabo.

18UJehova waxosha phambi kwethu bonke abantu, nama-Amori futhi ayehlala ezweni; ngalokho nathi siyakumkhonza uJehova, ngokuba unguNkulunkulu wethu.

19 UJoshuwa wathi kubantu: Aninakumkhonza uJehova, ngokuba unguNkulunkulu ongcwele; unguNkulunkulu onomhawu, akayikuthethelela iziphambeko zenu nezono zenu.

20 Uma nimshiya uJehova, nikhonze onkulunkulu babezizwe, uyakuphenduka, anenzele okubi, aniqede esenenzele okuhle.

21Kepha abantu bathi kuJoshuwa: Qha, ngokuba siyakumkhonza uJehova.

22Wayesethi uJoshuwa kubantu: Nina ningofakazi benu bokuthi nizikhethele uJehova ukuba nimkhonze yena. Bathi: Singofakazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Wathi: Susani manje onkulunkulu babezizwe abaphakathi kwenu, nithobele izinhliziyo zenu kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

24 Abantu bathi kuJoshuwa: UJehova uNkulunkulu wethu siyakumkhonza, sililalele izwi lakhe.

25 UJoshuwa wayesenza isivumelwano nabantu ngalolo suku, wabamisela isimiso nomthetho eShekemi.

26 UJoshuwa waloba lawo mazwi encwadini yomthetho kaNkulunkulu, wathatha itshe elikhulu, walimisa lapho phansi kwe-oki elingasendlini engcwele kaJehova.

27 Wayesethi uJoshuwa kubo abantu bonke: Bhekani, leli tshe liyakuba ngufakazi ngathi, ngokuba lizwile onke amazwi kaJehova awakhuluma kithi; ngalokho liyakuba ngufakazi ngani, funa nimphike uNkulunkulu wenu.

28 UJoshuwa wayesebamukisa abantu, yilowo nalowo waya efeni lakhe.

29 Kwathi emva kwalezo zinto uJoshuwa indodana kaNuni, inceku kaJehova, wafa eneminyaka eyikhulu neshumi.

30 Bammbela emkhawulweni wefa lakhe eThimnati Sera elisezintabeni zakwa-Efrayimi ngasenyakatho kwentaba yakwaGahashi.

31 U-Israyeli wamkhonza uJehova zonke izinsuku zikaJoshuwa nazo zonke izinsuku zamalunga ayekhona izinsuku ezithile emva kukaJoshuwa, ayeyazi yonke imisebenzi kaJehova ayeyenzele u-Israyeli.

32 Amathambo kaJosefa akhushulwa eGibithe ngabantwana bakwa-Israyeli, bawembela eShekemi esiqeshini sezwe asithengayo uJakobe kumadodana kaHamori uyise kaShekemi ngamakesita ayikhulu, laba ifa labantwana bakwaJosefa.

33 U-Eleyazare indodana ka-Aroni wafa; bammbela egqumeni likaFinehasi indodana yakhe, abenikiwe lona ezintabeni zakwa-Efrayimi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# AbAhluleli

## AbAhluleli 1

### Ukulwa kwabakwa-Israyeli namaKhanani, esefile uJoshuwa

1 Kwathi emva kokufa kukaJoshuwa abantwana bakwa-Israyeli bambuza
uJehova, bathi: Ngubani phakathi kwethu oyakusikhuphukelela kuwo
amaKhanani kuqala ukulwa nawo na?

2 UJehova wathi: Kuyakukhuphuka uJuda; bheka, ngilinikele izwe esandleni
sakhe.

3 UJuda wayesethi kuSimeyoni umfowabo: Khuphuka nami, siye esabelweni
sami, silwe namaKhanani, nami ngiye esabelweni sakho. USimeyoni
wayesehamba naye.

4 UJuda wakhuphuka; uJehova wanikela esandleni sabo amaKhanani
namaPherizi, babulala kuwo abantu abayizinkulungwane eziyishumi eBezeki.

5 EBezeki bafumana u-Adoni Bezeki, balwa naye, bawabulala amaKhanani
namaPherizi.

6 Kepha u-Adoni Bezeki wabaleka; bamxosha, bambamba, bamnquma
izithupha nawoqukula.

7 Wayesethi u-Adoni Bezeki: Amakhosi angamashumi ayisikhombisa
enqunyiwe izithupha nawoqukula acosha ukudla kwawo phansi kwetafula
lami; njengalokho ngenzile, kanjalo uNkulunkulu uphindisele kimi. Bamyisa
eJerusalema, wafela khona.

8 Abantwana bakwaJuda balwa neJerusalema, balithatha, balichitha ngosiko
lwenkemba, bathungela umuzi ngomlilo.

9 Ngasemuva behla abantwana bakwaJuda ukuba balwe namaKhanani ayakhe
ezintabeni, nangaseningizimu, nasenzansi.

10 UJuda wayesehlasela amaKhanani ayakhe eHebroni igama leHebroni
laliyiKiriyati Araba kuqala babulala oSheshayi, no-Ahimani, noTalimayi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Wasuka lapho, waya kwabakhe eDebiri; igama leDebiri laliyiKiriyati Seferi kuqala.

12 UKalebi wathi: Onqoba iKiriyati Seferi, alithathe, yena ngiyakumnika u-Akisa indodakazi yami abe ngumkakhe.

13 U-Otheniyeli indodana kaKenazi, umnawe kaKalebi, walithatha; wayesemnika u-Akisa indodakazi yakhe abe ngumkakhe.

14 Kwathi ekufikeni kwakhe wamnxusa ukuba acele insimu kuyise; wehla embongolweni yakhe; uKalebi wathi kuye: Ukhala ngani?

15 Wathi kuye: Ngiphe isipho; lokhu unginike izwe laseningizimu ngiphe nemithombo yamanzi. UKalebi wamupha imithombo yasenhla nemithombo yasenzansi.

16 Abantwana bomKheni umukhwe kaMose benyuka emzini wamasundu nabantwana bakwaJuda, baya ehlane lakwaJuda elingaseningizimu kwase-Aradi; baya bakha nabantu bakhona.

17 UJuda wahamba noSimeyoni umfowabo, bachitha amaKhanani ayakhe eSefati, baliqothula. Igama lomuzi laliyiHorma.

18 UJuda wathatha iGaza nomkhawulo walo, ne-Ashikeloni nomkhawulo walo, ne-Ekroni nomkhawulo walo.

19 UJehova wayenaye uJuda, waxosha abasezintabeni; wayengenakuxosha kodwa abakhe esigodini, lokhu bebenezinqola zensimbi.

20 Bamnika uKalebi iHebroni, njengalokho ebekhulumile uMose; waxosha khona amadodana amathathu ka-Anaki.

21 Abantwana bakwaBenjamini abawaxoshanga amaJebusi ayakhe eJerusalema, kepha amaJebusi ahlala nabantwana bakwaBenjamini eJerusalema kuze kube namuhla.

22 Kwenyukela eBethele nabendlu kaJosefa; uJehova wayenabo.

23 Abendlu kaJosefa bathuma bahlola iBethele; igama lomuzi laliyiLuze kuqala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Zase zibona izinhloli umuntu ephuma emzini, zathi kuye: Ake usikhombise
intuba yokungena emzini, siyakukwenzela umusa.

25Wazikhombisa intuba yokungena emzini, zawuchitha umuzi ngosiko
lwenkemba; kepha zamvumela lowo muntu nomndeni wakhe ukuba
bahambe.

26 Lowo muntu wayesengena ezweni lamaHeti, wakha umuzi, waqamba
igama lawo ngokuthi iLuze okuyigama lawo kuze kube namuhla.

27 UManase akaxoshanga abaseBeti Sheyani nemizana yalo, nabaseThahanaki
nemizana yalo, nabakhe eDori nemizana yalo, nabakhe eJibileyamu
nemizana yalo, nabakhe eMegido nemizana yalo; amaKhanani aphumelela
ukuhlala kulelo zwe.

28Kwathi u-Israyeli esenamandla, bawasebenzisa amaKhanani, kepha
abawaxoshanga nokuwaxosha.

29Naye u-Efrayimi akaxoshanga amaKhanani ayakhe eGezeri; kepha
amaKhanani ahlala phakathi kwabo eGezeri.

30UZebuloni akaxoshanga abakhe eKitroni, nabakhe eNahaloli; kepha
amaKhanani ahlala phakathi kwabo, asetshenziswa.

31U-Asheri akaxoshanga abakhe e-Ako, nabakhe eSidoni, nase-Ahlabi, nase-
Akizibi, naseHelba, nase-Afiki, naseRehobe;

32kepha ama-Asheri ahlala phakathi kwamaKhanani ayakhe kulelo zwe,
ngokuba abawaxoshanga.

33UNafetali akaxoshanga abakhe eBeti Shemeshi nabakhe eBeti Anati, kepha
wahlala phakathi kwamaKhanani ayakhe kulelo zwe; kodwa abakhe eBeti
Shemeshi naseBeti Anati basetshenziswa yibo.

34Ama-Amori adudulela abantwana bakwaDani ezintabeni, ngokuba
awabavumelanga ukwehlela esigodini.

35Kepha ama-Amori aphumelela ukuhlala entabeni yaseHeresi, nase-Ajaloni,
naseShahalabimi; kodwa isandla sendlu kaJosefa sahlula, aze asetshenziswa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

36Umkhawulo wama-Amori wasukela ekwenyukeni kwe-Akarabimi naseSela, waya ngenhla njalo.

## AbAhluleli 2

### Ukujeziswa kokungalaleli kwabakwa-Israyeli

1 Ingelosi kaJehova yakhuphuka eGiligali, yaya eBokimi. Yathi: Nganikhuphula eGibithe, nginilethile ezweni engalifungela oyihlo; ngathi: Angisoze ngaphula kuze kube phakade isivumelwano sami nani,

2kepha aniyikwenza sivumelwano nabakhe kuleli zwe; niyakudiliza ama-altare abo. Kodwa anililalelanga izwi lami. Nenzeleni lokho na?

3Ngalokho ngithi manje: Angiyikubaxosha phambi kwenu, kepha bayakuba sezinhlangothini zenu, onkulunkulu babo babe lugibe kini.

4Kwathi ingelosi kaJehova isikhulumile lawo mazwi kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli, abantu badazuluka, bakhala.

5Baqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iBokimi, bahlabela uJehova khona.

6 UJoshuwa esemukisile abantu, abantwana bakwa-Israyeli bahamba, yilowo nalowo waya efeni lakhe ukuba balidle izwe.

7 Abantu bamkhonza uJehova izinsuku zonke zikaJoshuwa nezinsuku zonke zamalunga asalayo emva kukaJoshuwa, ayebonile wonke umsebenzi omkhulu ayewenzele u-Israyeli.

8 UJoshuwa indodana kaNuni, inceku kaJehova, wafa eneminyaka eyikhulu neshumi.

9Bammbela emkhawulweni wefa lakhe eThimnati Heresi ezintabeni zakwa-Efrayimi ngasenyakatho kwentaba yakwaGahashi.

10 Naso sonke leso sizukulwane sabuthelwa koyise; savela esinye isizukulwane emva kwaso esasingamazi uJehova nomsebenzi ayewenzele u-Israyeli.

11 Abantwana bakwa-Israyeli benza okubi emehlweni kaJehova, bakhonza oBali;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12bamshiya uJehova uNkulunkulu wawoyise owabakhipha ezweni laseGibithe, balandela abanye onkulunkulu, onkulunkulu babantu ababebazungeza, babakhothamela, bamcunula uJehova.

13 Bamshiya-ke uJehova, bakhonza oBali no-Ashitaroti.

14Intukuthelo kaJehova yavuthela abakwa-Israyeli, wabanikela esandleni sabaphangi ababaphanga, wathengisa ngabo esandleni sezitha zabo nxazonke. Ababe besaba nakuma phambi kwezitha zabo.

15 Nomaphi lapho bephumela khona, isandla sikaJehova sasimelene nabo sibenzela okubi njengokukhuluma kukaJehova nanjengokufunga kukaJehova kubo; bantula kakhulu.

16 UJehova wavusa abahluleli ababasindisa esandleni sababaphangayo.

17Nabahluleli ababalalelanga, ngokuba baya baphinga nabanye onkulunkulu, babakhothamela; baphambuka masinyane endleleni abahamba ngayo oyise, belalela imiyalo kaJehova; bona abenzanga njalo.

### Isimo sesikhathi sabahluleli

18 Lapho uJehova ebavusela abahluleli, uJehova wayenaye umahluleli, wabasindisa esandleni sezitha zabo izinsuku zonke zomahluleli, ngokuba uJehova waba nesihe ngokubulawa kwabo ngenxa yababacindezelayo nababakhathazayo.

19Kepha kwathi ekufeni komahluleli babuyela emuva, bona kakhulu kunawoyise, ngokulandela abanye onkulunkulu ukuba babakhonze, babakhothamele; abayekanga izenzo zabo nendlela yabo yenkani.

20Intukuthelo kaJehova yavuthela u-Israyeli, wathi: Ngokuba lesi sizwe seqile isivumelwano sami engabayala ngaso oyise, singalalelanga izwi lami,

21angiyikuphinda ngixoshe phambi kwabo noyedwa walezo zizwe azishiyayo uJoshuwa ekufeni kwakhe,

22 ukuze ngivivinye ngazo u-Israyeli, uma beyakugcina indlela kaJehova ukuba bahambe ngayo njengalokho oyise bebeyigcina, noma qha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

23UJehova wayeseyeka lezo zizwe zingaxoshwa masinyane, futhi kazinikelanga esandleni sikaJoshuwa.

## AbAhluleli 3

1 Lezi ziyizizwe aziyekile uJehova ukuze amvivinye ngazo u-Israyeli, bonke abakwa-Israyeli ababengazi mpi eKhanani,

2kuphela ukuba izizukulwane zabantwana bakwa-Israyeli zazi, zifundiswe impi, ikakhulu labo ababengayazi ngaphambili.

3 Amakhosi ayisihlanu amaFilisti, nawo onke amaKhanani, namaSidoni, namaHivi ahlala entabeni yaseLebanoni, kusukela entabeni yaseBali Hermoni kuze kube sekuyeni eHamati.

4 Zazingezokuba u-Israyeli avivinywe ngazo, kwazeke uma beyakulalela imiyalo kaJehova abayala ngayo oyise ngesandla sikaMose.

5Abantwana bakwa-Israyeli bahlala phakathi kwamaKhanani, namaHeti, nama-Amori, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi,

6 bathatha amadodakazi awo aba ngomkabo, banika amadodana awo amadodakazi abo, bakhonza onkulunkulu bawo.

### U-Otheniyeli

7Abantwana bakwa-Israyeli benza okubi emehlweni kaJehova, bamkhohlwa uJehova uNkulunkulu wabo, bakhonza oBali no-Ashitaroti.

8Ngalokho intukuthelo kaJehova yavuthela u-Israyeli, wathengisa ngabo esandleni sikaKushani Rishatayimi inkosi yase-Aramu Naharayimi; abantwana bakwa-Israyeli bamkhonza uKushani Rishatayimi iminyaka eyisishiyagalombili.

9Kepha abantwana bakwa-Israyeli bakhala kuJehova; uJehova wabavusela abantwana bakwa-Israyeli umsindisi owabasindisa, u-Otheniyeli indodana kaKenazi, umnawe kaKalebi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 UMoya kaJehova wayephezu kwakhe, wahlulela u-Israyeli, waphuma impi, uJehova wanikela uKushani Rishatayimi inkosi yase-Aramu Naharayimi esandleni sakhe; isandla sakhe samahlula uKushani Rishatayimi.

11 Izwe lase liba nokuthula iminyaka engamashumi amane. Wafa u-Otheniyeli indodana kaKenazi.

### U-Ehudi

12 Abantwana bakwa-Israyeli babuye benza okubi emehlweni kaJehova; uJehova wamnika u-Egiloni inkosi yakwaMowabi amandla phezu kuka-Israyeli, lokhu benze okubi emehlweni kaJehova.

13 Wazibuthela abantwana bakwa-Amoni nabakwa-Amaleki, waya wachitha u-Israyeli, badla umuzi wamasundu.

14 Abantwana bakwa-Israyeli bamkhonza u-Egiloni inkosi yakwaMowabi iminyaka eyishumi nesishiyagalombili.

15 Kepha abantwana bakwa-Israyeli bakhala kuJehova, uJehova wabavusela umsindisi, u-Ehudi indodana kaGera, umBenjamini, umuntu oyinxele; abantwana bakwa-Israyeli bathuma isipho ngaye ku-Egiloni inkosi yakwaMowabi.

16 U-Ehudi wazenzela inkemba ebukhali izinsiko zombili, ubude bayo buyingalo, wayibhinca phansi kwengubo yakhe ethangeni lokunene.

### Ukufa kuka-Egiloni

17 Wamnika u-Egiloni inkosi yakwaMowabi isipho, kepha u-Egiloni wayengumuntu okhulupheleyo kakhulu.

18 Kwathi eseqedile ukumnika isipho, wamukisa abantu ababesithwele isipho.

19 Kepha yena wabuya endaweni yezithombe ezibaziweyo engaseGiligali, wathi: Nginendaba eyisifuba kuwe nkosi. Wathi: Thulani. Base bephuma bonke ababemi ngakuye.

20 U-Ehudi wasondela kuye; wayehlezi ekamelweni eliphezulu elipholileyo; wayesethi u-Ehudi: Nginodaba oluvela kuNkulunkulu kuwe. Wasukuma esihlalweni sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21U-Ehudi wayeselula isandla sakhe sokhohlo, wabamba inkemba ethangeni lakhe lokunene, wamgwaza esiswini sakhe;

22kwangena nesibambo emva kwenkemba, amanoni azungeza inkemba, ngokuba akayikhiphanga inkemba esiswini sakhe; yaphumela emuva.

23U-Ehudi wayesephumela ekamelweni eliphambili, wazivalela iminyango yekamelo eliphezulu, wayihluthulela.

24 Nxa esephumile yena, kwafika izinceku zakhe; zabona, bheka, iminyango yekamelo eliphezulu yayihluthulelwe; zathi: Mhlawumbe uyembesa ezinyawo zakhe ekamelweni lakhe elipholileyo.

25Zalinda zaze zajabha; bheka, akayivulanga iminyango yekamelo eliphezulu; ngalokho zathatha ukhiye, zayivula; bheka, inkosi yazo yayiwele phansi ifile.

26U-Ehudi waphunyuka zisalinda, wadlula endaweni yezithombe ezibaziweyo, wabalekela eSeyiri.

27Kwathi esefikile, wabetha icilongo ezintabeni zakwa-Efrayimi, abantwana bakwa-Israyeli behla naye ezintabeni, yena ephambi kwabo.

28Wathi kubo: Ngilandeleni, ngokuba uJehova unikele izitha zenu abakwaMowabi esandleni senu! Behla emva kwakhe, bavimba amazibuko aseJordani ababewela ngawo abakwaMowabi, abavumanga ukuba kuwele muntu.

29Babulala kwabakwaMowabi ngaleso sikhathi kungathi abantu abayizinkulungwane eziyishumi abayizidlakela namajaha, akwaphunyuka muntu.

30UMowabi wathotshiswa kanjalo ngalolo suku phansi kwesandla sakwa-Israyeli. Izwe laba nokuthula iminyaka engamashumi ayisihiyagalombili.

### UShamgari

31Emva kwakhe kwafika uShamgari indodana ka-Anati owabulala kuwo amaFilisti abantu abangamakhulu ayisithupha ngocijo lwenkabi; naye wasindisa u-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# AbAhluleli 4

## UDebora

1Abantwana bakwa-Israyeli babuye benza okubi emehlweni kaJehova, esefile
u-Ehudi.

2 UJehova wathengisa ngabo esandleni sikaJabini inkosi yaseKhanani,
owabusa eHasori, onduna yempi yakhe yayinguSisera owahlala eHarosheti
labezizwe.

3Abantwana bakwa-Israyeli bakhala kuJehova, ngokuba wayenezinqola
ezingamakhulu ayisishiyagalolunye zensimbi; wacindezela kakhulu
abantwana bakwa-Israyeli iminyaka engamashumi amabili.

4UDebora umprofethikazi, umkaLapidoti, wahlulela u-Israyeli ngaleso
sikhathi.

5Wayehlala phansi kwesundu likaDebora phakathi kweRama neBethele
ezintabeni zakwa-Efrayimi; abantwana bakwa-Israyeli bakhuphukela kuye
ukuba bahlulelwe.

6 Wathuma wabiza uBaraki indodana ka-Abinohama waseKedeshi Nafetali,
wathi kuye: UJehova uNkulunkulu ka-Israyeli akayalanga yini ngokuthi:
Hamba usondele entabeni yaseThabori, uye nabantu abayizinkulungwane
eziyishumi babantwana bakwaNafetali nabantwana bakwaZebuloni, na?

7Ngiyakusondeza kuwe emfudlaneni iKishoni uSisera induna yempi kaJabini,
nezinqola zakhe, nesixuku sakhe, ngimnikele esandleni sakho.

8UBaraki wathi kuye: Uma uhamba nami, ngiyakuhamba; kepha uma
ungahambi nami, angiyikuhamba.

9Wathi kuye: Impela ngiyakuhamba nawe, kodwa indlela oyakuhamba ngayo
ayiyikuba ngeyodumo lwakho, ngokuba uJehova uyakumthengisa uSisera
esandleni sowesifazane. Wayesesuka uDebora, wahamba noBaraki, baya
eKedeshi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10UBaraki wabiza oZebuloni noNafetali ukuba beze eKedeshi; kwakhuphuka abantu abayizinkulungwane eziyishumi ezinyathelweni zakhe; naye uDebora wakhuphuka naye.

11 Kepha uHebere umKheni wayezahlukanisile namaKheni, abantwana bakwaHobabi umukhwe kaMose, wamisa itende lakhe kwaze kwaba se-okini laseShananimi eliseduze neKedeshi.

**UBaraki uyanqoba uSisera**

12Bamtshela uSisera ukuthi uBaraki indodana ka-Abinohama ukhuphukele entabeni yaseThabori.

13USisera wayesebutha zonke izinqola zakhe, izinqola ezingamakhulu ayisishiyagalolunye zensimbi, nabantu bonke ababenaye, kusukela eHarosheti labezizwe kuze kube semfudlaneni iKishoni.

14UDebora wathi kuBaraki: Vuka, ngokuba yilolu suku uJehova anikele ngalo uSisera esandleni sakho; uJehova akaphumanga phambi kwakho na? UBaraki wehla entabeni yaseThabori nabantu abayizinkulungwane eziyishumi emva kwakhe.

15 UJehova wamngquzula uSisera nazo zonke izinqola zakhe nempi yakhe yonke ngosiko lwenkemba phambi kukaBaraki; uSisera wehlika enqoleni yakhe, wabaleka ngezinyawo.

16Kepha uBaraki waxosha izinqola nempi kwaze kwaba seHarosheti labezizwe; yonke impi kaSisera yawa ngosiko lwenkemba, akwasala muntu.

17Kepha uSisera wabaleka ngezinyawo, wafika etendeni likaJayeli umkaHebere umKheni, ngokuba kwakukhona ukuthula phakathi kukaJabini inkosi yaseHasori nendlu kaHebere umKheni.

18UJayeli waphuma ukumhlangabeza uSisera, wathi kuye: Phambuka, nkosi yami; phambukela kimi, ungesabi. Waphambukela kuye etendeni, wamembesa ingubo.

19Wayesethi kuye: Ake ungiphuzise ingcosana yamanzi, ngokuba ngomile. Wavumbulula igabha lobisi, wamphuzisa, wamembesa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Wathi kuye: Yima emnyango wetende; kuyakuthi nxa kufika umuntu abuze kuwe athi: Kukhona muntu lapha na? uthi: Qha.

[21]UJayeli umkaHebere wayesethatha isikhonkwane setende, waphatha isando ngesandla, wanyonyobela kuye, wambethela esikhaleni sendlebe ngesikhonkwane, sagqobhoza, saphumela emhlabathini, ngokuba wayelele ubuthongo obukhulu ediniwe; wafa kanjalo.

[22]Bheka, uBaraki esamxosha uSisera, uJayeli waphuma ukumhlangabeza, wathi kuye: Woza, ngikubonise omfunayo. Waya kuye; bheka, uSisera wayelele efile, isikhonkwane sisesikhaleni sendlebe yakhe.

[23]Ngalolo suku uNkulunkulu wamnqoba uJabini inkosi yaseKhanani phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

[24]Isandla sabantwana bakwa-Israyeli saqhubeka saba namandla njalo phezu kukaJabini inkosi yaseKhanani, baze bamqeda uJabini inkosi yaseKhanani.

## AbAhluleli 5

### Ihubo likaDebora noBaraki

[1]Base behlabelela oDebora noBaraki indodana ka-Abinohama ngalolo suku, bethi:

[2] Ngokuba abaholi beholile kwa-Israyeli, ngokuba abantu bezinikela ngenhliziyo, bongani uJehova.

[3] Yizwani nina makhosi; bekani indlebe nina zikhulu; mina, yebo, mina ngiyakuhlabelela kuJehova, ngihubele kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

[4] Jehova, ekuphumeni kwakho eSeyiri, ekusukeni kwakho ezweni lakwa-Edomi umhlaba wazamazama, namazulu aconsa, yebo, amafu aconsa amanzi.

[5]Izintaba zathuthumela ebusweni bukaJehova, yebo, nalo iSinayi lelo, ebusweni bukaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

[6] Ezinsukwini zikaShamgari indodana ka-Anati, ezinsukwini zikaJayeli imendo yayishiyiwe; ababeyakuhamba ngemendo bahamba ngemikhondo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Abaholi baphela kwa-Israyeli, banqamuka, ngaze ngavuka mina Debora,
ngavuka ngingunina kwa-Israyeli.

8 Bakhetha onkulunkulu abasha; lapho kwafika impi emasangweni;
kwabonwa isihlangu noma umkhonto yini phakathi kwezinkulungwane
ezingamashumi amane kwa-Israyeli na?

9 Inhliziyo yami ikubabusi bakwa-Israyeli abazinikelayo ngenhliziyo phakathi
kwabantu; bongani uJehova.

10 Nina enigibela izimbongolo ezimhlophe, nina enihlezi emacansini, nani
enihamba ngendlela, kulandeni.

11 Ekwahlukaniseni impango phakathi kwemiqengqe yamanzi balanda khona
izenzo ezilungileyo zikaJehova, ukulunga kokubusa kwakhe kwa-Israyeli;
khona abantu bakaJehova behlela emasangweni.

12 Vuka, vuka, Debora! Vuka, vuka, uhube ihubo! Vuka, Baraki, uthumbe
abathunjwa bakho, wena ndodana ka-Abinohama!

13 Khona wayenza insali ukuba ibuse abakhulu; abantu bakaJehova
bangibeka ukuba ngibuse iziqhwaga.

14 Kwavela kwa-Efrayimi abampande yabo ikuma-Amaleki; emva kwakho
nguBenjamini phakathi kwabantu bakho. KwaMakiri kwavela ababusi,
kwaZebuloni abaphethe intonga yomholi.

15 Izikhulu zakwa-Isakare zazinaye uDebora; njengo-Isakare, kanjalo noBaraki;
behlela ngokushesha esigodini ezinyathelweni zakhe. Ngaseminonjaneni
yakwaRubeni kwakukhona ukululekana okukhulu kwenhliziyo.

16 Wahlalelani ezibayeni zezimvu ukuzwa ikhwelo lemihlambi na?
Ngaseminonjaneni yakwaRubeni kwakukhona ukululekana okukhulu
kwenhliziyo.

17 UGileyadi wahlala phesheya kweJordani; uDani walibalelani emikhunjini
na? U-Asheri wahlala ngasogwini lolwandle, wasala ngasemathekwini akhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[18]UZebuloni wayengabantu abazidela kwaze kwaba sekufeni, uNafetali kanjalo ezindaweni eziphakemeyo zezwe.

[19] Amakhosi afika alwa, alwa amakhosi aseKhanani eThahanaki ngasemanzini aseMegido; awathathanga nzuzo yamali.

[20] Kwaliwa ezulwini; izinkanyezi ezindleleni zazo zalwa noSisera.

[21] Umfudlana iKishoni wabakhukhula, umfudlana wamandulo, umfudlana iKishoni. Awu, mphefumulo wami, nyathela ngamandla.

[22]Khona zadubuza izinselo zamahhashi ngokugadula, ukugadula kwezinkweli zawo.

[23] Qalekisani iMerozi, kwasho ingelosi kaJehova; qalekisani nokuqalekisa abantu balo, ngokuba abezanga ukumsiza uJehova ukuba bamsize uJehova ukulwa neziqhwaga.

[24] Uyakubusiswa phezu kwabesifazane uJayeli umkaHebere umKheni, abusiswe phezu kwabesifazane basematendeni.

[25]Wacela amanzi, wamupha ubisi, wamlethela amangqanga ngesitsha samakhosi.

[26]Wafaka isandla sakhe esikhonkwaneni, esokunene sakhe esandweni sezisebenzi; ngesando wamshaya uSisera, wadebeza ikhanda lakhe, yebo, wamgqobhoza, wambhoboza esikhaleni sendlebe.

[27]Wakhothama ngasezinyaweni zakhe, wawa, walala; ngasezinyaweni zakhe wafola, wawa; lapho wakhothama khona, wawela khona efile.

[28] Wabheka efasiteleni, wamemeza, unina kaSisera wathi eheleni: Inqola yakhe ilibalelani ukufika na? Zilibaziselwani izinyawo zezinqola zakhe na?

[29]Amakhosazana akhe ahlakaniphileyo amphendula, yebo, wazibuyisela yena uqobo impendulo ngokuthi:

[30] Angithi batholile babelana impango? Intombi, yebo, izintombi ezimbili endodeni ngayinye; kuSisera impango yezingubo ezinemibala, impango

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

yezingubo ezinemibala ezifekethisiweyo; izingubo ezimbili ezinemibala ezifekethisiweyo zezintamo zaba yimpango.

31 Mazibhubhe kanjalo zonke izitha zakho, Jehova; kepha abamthandayo mababe njengelanga, lapho liphuma ngamandla alo. Izwe selaba nokuthula iminyaka engamashumi amane.

## AbAhluleli 6

### Ukubizwa kukaGideyoni

1Kepha abantwana bakwa-Israyeli benza okubi emehlweni kaJehova; uJehova wabanikela esandleni sakwaMidiyani iminyaka eyisikhombisa.

2Isandla sakwaMidiyani samahlula u-Israyeli; ngenxa yakwaMidiyani abantwana bakwa-Israyeli bazenzela imihume yasezintabeni, nemigede, nezinqaba.

3 Kwathi nxa abakwa-Israyeli sebelimile, abakwaMidiyani benyuka nama-Amaleki nabasempumalanga, bakhuphukela kubo,

4bamisa mayelana nabo, bachitha izithelo zomhlaba kwaze kwaba seGaza, abashiyanga kudla kwa-Israyeli, nazimvu, nazinkomo, nazimbongolo.

5Ngokuba benyuka nezinkomo zabo namatende abo, bafika njengesikhonyane ngobuningi; babengenakubalwa bona namakamela abo; bafika ezweni ukuba baliqede.

6Abakwa-Israyeli baphela amandla ngenxa yakwaMidiyani; base bekhala abantwana bakwa-Israyeli kuJehova.

7Kwathi lapho abantwana bakwa-Israyeli besakhala kuJehova ngenxa yakwaMidiyani,

8uJehova wathuma umprofethi kubantwana bakwa-Israyeli, wathi kubo: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Ngakukhuphula eGibithe, ngakukhipha endlini yobugqila,

9nganophula esandleni sabaseGibithe nasesandleni sabo bonke abanicindezelayo, ngabaxosha phambi kwenu, nganinika izwe labo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 ngathi kini: NgingυJehova uNkulunkulu wenu; aniyikwesaba onkulunkulu
bama-Amori enihlala ezweni lawo, kepha kanilalelanga izwi lami.

11Kwafika ingelosi kaJehova, yahlala phansi kwe-oki lase-Ofira likaJowashi
umAbiyezeri; indodana yakhe uGideyoni yayibhula ukolweni esikhamweni
sewayini ukuba amthukusele abakwaMidiyani.

12Ingelosi kaJehova yabonakala kuye, yathi kuye: UJehova unawe wena
qhawe elinamandla.

13 UGideyoni wathi kuyo: O nkosi yami, uma uJehova enathi, konke lokhu
kusehlele ngani na? Ziphi izimangaliso zakhe abasitshela ngazo obaba, bathi:
UJehova akasikhuphulanga eGibithe na? Kepha manje uJehova usilahlile,
wasinikela esandleni sakwaMidiyani.

14 UJehova wambheka, wathi: Hamba ngalawa mandla akho, umsindise u-
Israyeli esandleni sakwaMidiyani; angikuthumanga na?

15Wathi kuye: O Nkosi, ngiyakumsindisa u-Israyeli ngantoni na? Bheka,
umndeni wami umpofu kwaManase, mina ngingomncinyane endlini kababa.

16 UJehova wathi kuye: Impela ngiyakuba nawe; uyakubabulala
abakwaMidiyani kungathi bangumuntu munye.

17Wathi kuye: Uma ngifumene umusa emehlweni akho, unginike
isibonakaliso ukuthi nguwe okhuluma nami.

18Ake ungamuki lapha, ngize ngibuyele kuwe, ngilethe isipho sami, ngisibeke
phambi kwakho. Wayesethi: Ngiyakuhlala uze ubuye.

19UGideyoni wangena, walungisa izinyane lembuzi namaqebelengwane
angenamvubelo e-efa lempuphu; wayibeka inyama eqomeni, wawuthela
umhluzi ekhanzini, wakukhiphela kuye phansi kwe-oki, wakunikela.

20Ingelosi kaNkulunkulu yathi kuye: Thatha inyama namaqebelengwane
angenamvubelo, ukubeke edwaleni leli, uwuthulule umhluzi. Wenze njalo.

21 Ingelosi kaJehova yase yelula isihloko sentonga esesandleni sayo, yathinta
inyama namaqebelengwane angenamvubelo; kwenyuka umlilo edwaleni,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

wadla waqeda inyama namaqebelengwane angenamvubelo; ingelosi
kaJehova yayisimuka emehlweni akhe.

22 Wayesebona uGideyoni ukuthi iyingelosi kaJehova; uGideyoni wathi:
Maye, Nkosi Nkulunkulu! Ngokuba ngibonile ingelosi kaJehova ubuso
nobuso.

23UJehova wathi kuye: Ukuthula makube kuwe; ungesabi, awuyikufa.

24UGideyoni wamakhela uJehova i-altare khona, waliqamba igama lokuthi
iJehova Shalomi; kuze kube namuhla lisekhona e-Ofira lama-Abiyezeri.

25 Kwathi ngalobo busuku uJehova wathi kuye: Thatha iduna likayihlo nenye
inkunzi eneminyaka eyisikhombisa, ubhidlize i-altare likaBali uyihlo analo,
ugawule u-Ashera ongakulo,

26umakhele uJehova uNkulunkulu wakho i-altare esiqongweni sale nqaba
ngokuhlelekileyo, uyithathe inkunzi yesibili, unikele ngomnikelo wokushiswa
ngezinkuni zika-Ashera ozakumgawula.

27UGideyoni wayesethatha amadoda ayishumi ezincekwini zakhe, wenza
njengalokho uJehova ekhulumile kuye; kwathi lokhu ebesaba abendlu kayise
nabantu bomuzi ukuba angakwenzi emini, wakwenza ebusuku.

28Lapho abantu bomuzi bevuka ekuseni kakhulu, bheka, i-altare likaBali lase
libhidliziwe, no-Ashera owayengakulo wayegawuliwe, nenkunzi yesibili
yayinikelwe phezu kwe-altare elalakhiwe.

29Bakhuluma omunye komunye, bathi: Kwenziwe ngubani lokhu na? Lapho
becinga bebuza, bathi: NguGideyoni indodana kaJowashi owenze lokhu.

30Base bethi abantu bomuzi kuJowashi: Khipha indodana yakho ukuba ife,
ngokuba ilibhidlizile i-altare likaBali nangokuba imgawulile u-Ashera
owayengakulo.

31 UJowashi wathi kubo bonke ababemi ngakuye: Niyakumlwela uBali,
nimsindise yena, na? Oyakumlwela uBali, makabulawe kusasa ekuseni; uma

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

engunkulunkulu, makazilwele yena, lokhu kukhona olibhidlizile i-altare lakhe.

32 Ngalokho ngalolo suku wambiza ngokuthi uJerubali, ethi: UBali makalwe naye ngokuba elibhidlizile i-altare lakhe.

### Ukuqala kokukhululwa kwabakwa-Israyeli nguGideyoni

33Kwabuthana bonke abakwaMidiyani, nama-Amaleki, nabasempumalanga, bawela, bamisa esiGodini saseJizreyeli.

34 Kepha uMoya kaJehova wammboza uGideyoni, wabetha icilongo, kwabuthana ama-Abiyezeri, amlandela.

35Wathuma izithunywa kulo lonke lakwaManase, nabo babuthana, bamlandela; wathuma izithunywa ku-Asheri, nakuZebuloni, nakuNafetali, bakhuphuka ukuba babahlangabeze.

36UGideyoni wathi kuNkulunkulu: Uma uzakusindisa u-Israyeli ngesandla sami, njengalokho ukhulumile,

37bheka, ngiyakubeka uboya obugundiweyo esibuyeni; uma kukhona amazolo eboyeni bodwa komile emhlabathini wonke, ngiyakwazi ukuthi uzakusindisa u-Israyeli ngesandla sami, njengalokho ukhulumile.

38Kwaba njalo, ngokuba wavuka ekuseni ngangomuso, wabucindezela uboya, wakhama amazolo eboyeni, kwagcwala isitsha amanzi.

39 UGideyoni wathi kuNkulunkulu: Intukuthelo yakho mayingangivutheli, ngizakukhuluma kanye kuphela: Ake ngilinge kanye kuphela ngoboya; makube komile eboyeni bodwa, kube khona amazolo emhlabathini wonke.

40Wenze njalo uNkulunkulu ngalobo busuku, ngokuba kwakomile eboyeni bodwa, kepha emhlabathini wonke kwakukhona amazolo.

## AbAhluleli 7

### UGideyoni uyanqoba abakwaMidiyani

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

1 UJerubali onguGideyoni nabantu bonke ababenaye bavuka ekuseni, bamisa
ngasemthonjeni waseHarodi; ikamu lakwaMidiyani lalingasenyakatho kwabo
ngasegqumeni laseMore esigodini.

2 UJehova wathi kuGideyoni: Abantu abanawe baningi kakhulu ukuba
nginikele abakwaMidiyani esandleni sabo, funa u-Israyeli aziqhenye ngakimi
ngokuthi: Isandla sami singisindisile.

3 Ngalokho memeza ezindlebeni zabantu, uthi: Owesabayo ethuthumela
makabuye, amuke entabeni yakwaGileyadi! Kwabuya abantu
abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili, kwasala
abayizinkulungwane eziyishumi.

4 UJehova wathi kuGideyoni: Abantu base baningi; behlisele ngasemanzini,
ngikulingele bona khona; kuyakuthi lowo engizakusho ngaye kuwe ukuthi: Lo
uzakuhamba nawe, yena ahambe nawe; nalowo engizakusho ngaye kuwe
ukuthi: Lo akayikuhamba nawe, yena akayikuhamba.

5 Wayesebehlisela abantu ngasemanzini; uJehova wathi kuGideyoni: Bonke
abaxhapha amanzi ngolimi lwabo njengokuxhapha kwenja babeke bodwa,
kanjalo nabo bonke abaguqa ngamadolo ukuba baphuze.

6 Umumo wabaxhaphayo bebeka isandla emlonyeni wawungamadoda
angamakhulu amathathu, kepha bonke abanye abantu baguqa ngamadolo
ukuba baphuze amanzi.

7 Wayesethi uJehova kuGideyoni: Ngalawo madoda amakhulu amathathu
axhaphayo ngizakunisindisa, ngibanikele abakwaMidiyani esandleni sakho;
bonke abanye abantu mabahambe, yilowo nalowo aye endaweni yakhe.

8 Abantu base bethatha umphako ngesandla sabo namacilongo abo; bonke
abanye abakwa-Israyeli wabathuma, kwabayilowo nalowo etendeni lakhe,
wagcina lawo madoda amakhulu amathathu; ikamu lakwaMidiyani laliphansi
kwakhe esigodini.

9 Kwathi ngalobo busuku uJehova wathi kuye: Vuka wehlele ekamu, ngokuba
sengilinikele esandleni sakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Kepha uma wesaba ukwehla, yehla noPhura udibi lwakho, niye ekamu;

11 uzakuzwa ukuthi bathini, andukuba kuqiniswe izandla zakho ukuba
wehlele ekamu. Khona wehla noPhura udibi lwakhe emaphethelweni
abahlomileyo abasekamu.

12 AbakwaMidiyani nama-Amaleki nabo bonke abasempumalanga bahlala
esigodini njengesikhonyane ngobuningi; amakamela abo ayengenakubalwa,
engangesihlabathi esisogwini lolwandle ngobuningi.

13 Lapho efika uGideyoni, bheka, umuntu wayelandisa umngane wakhe
iphupho, wathi: Ngaphupha iphupho; bheka, iqebelengwane lesinkwa sebhali
lagingqikela ekamu lakwaMidiyani, lafika etendeni, lalishaya laze lawa,
laligumbuqela, labhadalala.

14 Umngane wakhe waphendula wathi: Lokhu akulutho ngaphandle
kwenkemba kaGideyoni indodana kaJowashi, umuntu wakwa-Israyeli;
uNkulunkulu unikele esandleni sakhe uMidiyani nempi yonke.

15 Kwathi uGideyoni ekuzwa ukulandwa kwephupho nokuchazwa kwalo,
wakhuleka; wabuyela ekamu lakwa-Israyeli, wathi: Vukani, ngokuba uJehova
unikele esandleni senu impi yakwaMidiyani.

16 Wahlukanisela amadoda angamakhulu amathathu izigaba ezintathu,
wawanika, kwaba yileyo naleyo amacilongo ezandleni zawo, nezitsha
ezingenalutho, nezimbaqa zisezitsheni.

17 Wathi kuwo: Ngibukeni, nenze kanjalo; bhekani, nxa nifika
emaphethelweni ekamu, kuyakuthi njengalokho kwenza mina, nenze nani.

18 Nxa ngibetha icilongo, mina nabo bonke abanami, bethani nani amacilongo
nxazonke zekamu, nithi: EkaJehova nekaGideyoni!

19 UGideyoni namadoda ayikhulu ayenaye base befika emaphethelweni ekamu
ngasekuqaleni komlindo ophakathi, besand ukubeka abalindi; babetha
amacilongo, baphohloza izitsha abaziphetheyo ngezandla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20Izigaba zontathu zabetha amacilongo, zaphohloza izitsha, zaphatha
izimbaqa ngezandla zokhohlo namacilongo ngezandla zokunene ukuba
ziwabethe; zamemeza zathi: Inkemba kaJehova nekaGideyoni!

21Onke amadoda ayemi, kwaba yileyo naleyo, ahaqa ikamu; bonke
abasekamu bagijima bamemeza.

22 Abetha amacilongo angamakhulu amathathu, uJehova wabhekisa inkemba
yalowo nalowo ngakumngane wakhe nakulo ikamu lonke; ikamu labaleka
kwaze kwaba seBeti Shitha ngaseSerera, laze lafika emkhawulweni we-Abela
Mehola ngaseThabati.

23Amadoda akwa-Israyeli ayebuthene evela kwaNafetali, nakwa-Asheri,
nakulo lonke lakwaManase, abaxosha abakwaMidiyani.

24UGideyoni wayesethuma izithunywa ezintabeni zonke zakwa-Efrayimi,
wathi: Yehlani, nihlangabezane nabakwaMidiyani, nibavimbe emanzini kuze
kube seBetha Bara naseJordani. Onke amadoda akwa-Efrayimi ayesebuthana,
abavimbela emanzini kwaze kwaba seBetha Bara naseJordani.

25 Abamba izikhulu ezimbili zakwaMidiyani, o-Orebi noZebi, ambulala u-
Orebi ngasedwaleni lika-Orebi, noZebi bambulala ngasesikhamweni sewayini
sikaZebi, abaxosha abakwaMidiyani; aletha ikhanda lika-Orebi nelikaZebi
kuGideyoni phesheya kweJordani.

## AbAhluleli 8

### Ukukhonona kwabakwa-Efrayimi

1 Abantu bakwa-Efrayimi bathi kuye: Ukwenzeleni lokhu kithina ukuthi
awusibizanga lapho uyakulwa nabakwaMidiyani na? Bamkhankatha kakhulu.

2 Wathi kubo: Ngenzeni mina, uma kulinganiswa nokwenu na? Ukukhothoza
kwabakwa-Efrayimi akukuhle yini kunokuvuna umvini kwama-Abiyezeri na?

3UNkulunkulu unikele esandleni senu izikhulu zakwaMidiyani, o-Orebi
noZebi; mina benginamandla okwenzani, uma kulinganiswa nokwenu, na?
Kwase kubohla ukuthukuthela kwabo ngaye, eseshilo lokho.

### ISukoti nePhenuweli

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4UGideyoni wafika eJordani, wawela, yena namadoda angamakhulu amathathu ayenaye, eyethile, esaxosha nokho.

5Wayesethi kubantu baseSukoti: Ake niphe abantu abangilandelayo izinkwa, ngokuba bayethile, ngisaxosha oZeba noSalimuna amakhosi akwaMidiyani.

6Izikhulu zaseSukoti zathi: Izandla zikaZeba noSalimuna sezisesandleni sakho ukuba siphe impi yakho isinkwa na?

7UGideyoni wathi: Ngalokho nxa uJehova enikele oZeba noSalimuna esandleni sami, ngiyakuklebhula inyama yenu ngameva asehlane nangamazinyo ezinqola zokubhula.

8Wenyuka lapho, waya ePhenuweli, wakhuluma kubo ngokunjalo; abantu basePhenuweli bamphendula njengabantu baseSukoti bebephendulile.

9Wakhuluma nakubo abantu basePhenuweli, wathi: Ekubuyeni kwami ngiphilile ngizakubhidliza lo mbhoshongo.

10OZeba noSalimuna babeseKarkori, izimpi zabo zinabo kungathi abantu abayizinkulungwane eziyishumi nanhlanu, bonke ababesele empini yonke yabasempumalanga, ngokuba kwakuwile abantu abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili abahloma inkemba.

11 UGideyoni wenyuka ngendlela yabahlala ematendeni ngasempumalanga kwaseNoba neJogibeha, wanqoba impi, impi yayithi ilondekile.

12OZeba noSalimuna babaleka, wabaxosha; wawabamba amakhosi omabili akwaMidiyani, oZeba noSalimuna, wachitha impi yonke.

13UGideyoni indodana kaJowashi wabuya empini ngasekwenyukeni kweHeresi.

14Wabamba insizwa yabantu baseSukoti, wabuza kuyo; yona yamlobela izikhulu zaseSukoti namalunga alo, abantu abangamashumi ayisikhombisa nesikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Wayesefika kubantu baseSukoti, wathi: Bhekani oZeba noSalimuna enangiswabulela ngabo, nathi: Izandla zikaZeba noSalimuna sezisesandleni sakho ukuba siphe amadoda akho ayethileyo isinkwa na?

16Wayesebamba amalunga omuzi, nameva asehlane, namazinyo ezinqola zokubhula, wagalela ngawo abantu baseSukoti.

17Wawubhidliza umbhoshongo wasePhenuweli, wabulala abantu bomuzi.

18Wayesesho koZeba noSalimuna, ethi: Babe njani labo bantu enababulala eThabori na? Bathi: Babe njengawe; yilowo nalowo wafana nabantwana benkosi.

19Wathi: Babe ngabafowethu, amadodana kamame. Kuphila kukaJehova, uma benibayekile baphila, bengingayikunibulala.

20Wayesethi kuJetheri izibulo lakhe: Suka ubabulale. Kepha umfana kahoshanga inkemba yakhe, ngokuba wesaba lokhu engumfana.

21 Base bethi oZeba noSalimuna: Suka wena, usihlasele, ngokuba njengendoda anjalo amandla ayo. Wayesesuka uGideyoni, wababulala oZeba noSalimuna, wathatha izimbedu ezinjengenyanga ezazisezintanyeni zamakamela abo.

### UGideyoni uyala ukubekwa inkosi

22Abantu bakwa-Israyeli bathi kuGideyoni: Sibuse, wena nendodana yakho, nendodana yendodana yakho futhi, ngokuba usisindisile esandleni sakwaMidiyani.

23UGideyoni wathi kubo: Angiyikunibusa, nendodana yami ayiyikunibusa; nguJehova oyakunibusa.

24UGideyoni wathi kubo: Mangicele okuthile kini ukuba ninginike, kube yilowo nalowo amacici empango yakhe. Babenamacici egolide, lokhu bebengabakwa-Ishmayeli.

25Bathi: Siyakukunika wona impela. Beneka ingubo, baphonsa khona, kwaba yilowo nalowo amacici empango yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[26]Isisindo samacici egolide awacelayo sasingamashekeli ayinkulungwane namakhulu ayisikhombisa egolide, ngaphandle kwezimbedu ezinjengenyanga, neziqhaza, nezingubo ezibubende ezazembethwe ngamakhosi akwaMidiyani, nangaphandle kwamaketanga ayesezintanyeni zamakamela awo.

[27] UGideyoni wenza ingubo yamahlombe ngakho, wayibeka emzini wakhe e-Ofira; bonke abakwa-Israyeli baya baphinga nayo khona; yaba lugibe kuGideyoni nendlu yakhe.

[28] AbakwaMidiyani bathotshiswa kanjalo phambi kwabantwana bakwa-Israyeli, ababe besaphakamisa amakhanda abo. Izwe lathula iminyaka engamashumi amane ezinsukwini zikaGideyoni.

### Amadodana kaGideyoni nokufa kwakhe

[29]UJerubali indodana kaJowashi waya wahlala endlini yakhe.

[30]UGideyoni wayenamadodana angamashumi ayisikhombisa aphuma okhalweni lwakhe, ngokuba wayenabafazi abaningi.

[31]Isancinza sakhe esasiseShekemi naso samzalela indodana, sayiqamba igama lokuthi u-Abimeleki.

[32]UGideyoni indodana kaJowashi wafa esemdala, wembelwa ethuneni likaJowashi uyise e-Ofira lama-Abiyezeri.

[33] Kwathi esefile uGideyoni, abantwana bakwa-Israyeli babuye baphinga nawoBali, bamenza uBali Beriti unkulunkulu wabo.

[34]Abantwana bakwa-Israyeli babengakhumbuli uJehova uNkulunkulu wabo owabophula esandleni sezitha zonke zabo nxazonke.

[35] Abenzanga umusa kuyo indlu kaJerubali onguGideyoni njengakho konke okuhle ayekwenzile ku-Israyeli.

## AbAhluleli 9

### Izenzo ezimbi zika-Abimeleki nokugcina kwakhe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 U-Abimeleki indodana kaJerubali waya kubafowabo bakanina, wakhuluma kubo nomndeni wonke wendlu kayise kanina, wathi:

2 Ake nikhulume ezindlebeni zabo bonke abantu baseShekemi, nithi: Yikuphi okuhle kini ukuba onke amadodana kaJerubali angabantu abangamashumi ayisikhombisa anibuse nokuba nibuswe ngumuntu munye na? Khumbulani ukuthi mina ngiyithambo lenu nenyama yenu.

3 Abafowabo bakanina base bekhuluma ngaye ezindlebeni zabo bonke abantu baseShekemi onke lawo mazwi; izinhliziyo zabo zathanda ukumlandela u-Abimeleki, ngokuba bathi: Ungumfowethu.

4 Bamnika amashekeli angamashumi ayisikhombisa esiliva endlini kaBali Beriti, u-Abimeleki aqasha ngawo izidenga namayiyane, bamlandela.

5 Waya endlini kayise e-Ofira, wabulala abafowabo, amadodana kaJerubali, abantu abangamashumi ayisikhombisa etsheni linye, kepha kwasala uJothamu indodana encinyane kaJerubali, ngokuba wacasha.

6 Bonke abantu baseShekemi bahlangana nabo bonke abaseBeti Milo, baya bambeka u-Abimeleki inkosi ngase-okini letshe lesikhumbuzo elaliseShekemi.

7 Lapho kubikwa lokho kuJothamu, waya wema esiqongweni sentaba yaseGerizimu, waphakamisa izwi lakhe, wamemeza, wathi kubo: Ngilaleleni nina bantu baseShekemi ukuba uNkulunkulu anilalele nina.

8 Imithi yake yaya ukuzigcobela inkosi, yathi kuwo umnqumo: Yiba yinkosi yethu.

9 Kepha umnqumo wathi kuyo: Ngiyakuwayeka yini amafutha ami abadunyiswa ngawo onkulunkulu nabantu, ngiye ngintengantenge phezu kwemithi, na?

10 Imithi yayisithi kuwo umkhiwane: Woza wena, ube yinkosi yethu.

11 Kepha umkhiwane wathi kuyo: Ngiyakubuyeka yini ubumnandi bami nezithelo zami ezinhle, ngiye ngintengantenge phezu kwemithi, na?

12 Yayisithi imithi kuwo umvini: Woza wena, ube yinkosi yethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

13 Umvini wathi kuyo: Ngiyakuliyeka yini iwayini lami elithokozisa onkulunkulu nabantu, ngiye ngintengantenge phezu kwemithi, na?

14 Yonke imithi yayisithi kuso isihlahla somkhaya: Woza wena, ube yinkosi yethu.

15 Isihlahla somkhaya sathi kuyo imithi: Uma ningigcoba impela ngibe yinkosi yenu, wozani niphephele emthunzini wami; uma kungenjalo, makuphume umlilo kuso isihlahla somkhaya, uqede imisedari yaseLebanoni.

16 Ngalokho uma nenzile ngeqiniso nangobuqotho lapho nimbeka u-Abimeleki inkosi, uma nimphathile kahle uJerubali nendlu yakhe, nenza kuye njengokufanele izandla zakhe

17ngokuba ubaba wanilwela wazidela, wanophula esandleni sabakwaMidiyani;

18kepha niyivukele namuhla indlu kababa, nibulele amadodana akhe, abantu abangamashumi ayisikhombisa etsheni linye, nimbekile u-Abimeleki indodana yesigqilakazi sakhe inkosi yabaseShekemi ngokuba engumfowenu;

19uma nimphathile kahle uJerubali nendlu yakhe namuhla, thokozani ngo-Abimeleki, naye athokoze ngani;

20kepha uma kungenjalo, makuphume umlilo ku-Abimeleki, uqede abantu baseShekemi neBeti Milo, umlilo uphume nakubantu baseShekemi naseBeti Milo, umqede u-Abimeleki.

21UJothamu wayesebaleka, weqa, waya eBeri, wahlala khona ngenxa ka-Abimeleki umfowabo.

22U-Abimeleki wayeyisikhulu phezu kuka-Israyeli iminyaka emithathu.

23UNkulunkulu wathuma umoya omubi phakathi kuka-Abimeleki nabantu baseShekemi; abaseShekemi bambhumbuluza u-Abimeleki

24ukuba ubudlova obenziwe kuwo amadodana angamashumi ayisikhombisa kaJerubali bufike, negazi labo libekwe phezu kuka-Abimeleki umfowabo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

owababulala, naphezu kwabaseShekemi abaqinisa izandla zakhe ukuba abulale abafowabo.

25AbaseShekemi bambekela abaqamekeli eziqongweni zezintaba, baphanga bonke ababedlula kubo ngaleyo ndlela; kwabikwa ku-Abimeleki.

26Kwafika uGali indodana ka-Ebedi nabafowabo, waya eShekemi; abaseShekemi bamethemba.

27Baya endle, bavuna izivini zabo, banyathela imivini, bagubha umkhosi, bangena endlini kankulunkulu wabo, badla, baphuza, bamqalekisa u-Abimeleki.

28 UGali indodana ka-Ebedi wathi: Ngubani u-Abimeleki, ngubani uShekemi, ukuba simkhonze, na? Akasiyo indodana kaJerubali, noZebule yinduna yakhe na? Khonzani abantu bakaHamori uyise kaShekemi. Thina siyakumkhonzelani yena na?

29Sengathi laba bantu nga besesandleni sami; bengiyakumsusa u-Abimeleki. Wathi ku-Abimeleki: Yandisa impi yakho, uphume.

30Lapha uZebule umphathi womuzi ezwa amazwi kaGali indodana ka-Ebedi, kwavutha ulaka lwakhe.

31Wathuma izithunywa ku-Abimeleki ngobuqili, wathi: Bheka, uGali indodana ka-Ebedi nabafowabo bafikile eShekemi; bheka, bakuvusela umuzi.

32Ngalokho vukani ebusuku, wena nabantu abanawe, niqamekele endle;

33kuyakuthi ekuseni lisaphuma ilanga, uvuke, uhlasele umuzi; bheka, lapho yena nabantu abanye bephuma ukuba balwe nawe, wenze kubo njengokubona kwakho.

34U-Abimeleki nabo bonke abantu ababenaye basuka ebusuku, baqamekela iShekemi ngezigaba ezine.

35UGali indodana ka-Ebedi waphuma, wema esikhaleni sesango lomuzi; u-Abimeleki wayeseqhamuka nabantu ababenaye ekuqamekeleni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

36Lapho uGali ebona abantu, wathi kuZebule: Bheka, kwehla abantu eziqongweni zezintaba. UZebule wathi kuye: Uyabona amathunzi ezintaba kungathi ngabantu.

37UGali wabuye wakhuluma, wathi: Bheka, kwehla abantu eNkabeni yezwe, esinye isigaba sifika ngendlela ye-oki lokuhlola imihlola.

38UZebule wayesethi kuye: Uphi manje umlomo wakho ukuba uthi: Ngubani u-Abimeleki ukuba simkhonze na? Akusibo labo bantu obadeleleyo na? Ake uphume manje, ulwe nabo.

39UGali waphuma phambi kwabantu baseShekemi, walwa no-Abimeleki.

40U-Abimeleki wamxosha, wabaleka phambi kwakhe, kwawa abaningi bekhutshaziwe kwaze kwaba sesikhaleni sesango.

41U-Abimeleki wahlala e-Aruma; uZebule wamxosha uGali nabafowabo ukuba bangahlali eShekemi.

42Kwathi ngangomuso abantu baya endle, bamtshela u-Abimeleki.

43Wathatha abantu, wabahlukanisela izigaba ezintathu, waqamekela endle; wabheka, nampa abantu bephuma emzini; wabavukela, wababulala.

44U-Abimeleki nezigaba ezazinaye zadumela, zema esikhaleni sesango lomuzi; izigaba zombili zadumela bonke abasendle, zababulala.

45U-Abimeleki walwa nomuzi lonke lolo suku; wawuthatha umuzi, wabulala abantu ababekuwo, wawubhidliza umuzi, wahlwanyela usawoti kuwo.

46Lapho bezwa lokho bonke abasembhoshongweni waseShekemi, bangena enqabeni yendlu yase-Eli Beriti.

47Kwabikwa ku-Abimeleki ukuthi bonke abasembhoshongweni waseShekemi babehlangene ndawonye.

48U-Abimeleki wenyukela entabeni yaseSalimoni, yena nabantu bonke ababenaye; u-Abimeleki wathatha izembe ngesandla, wagawula igatsha emithini, walithatha, walibeka ehlombe, wathi kubantu ababenaye: Lokho eningibone ngikwenza, sheshani nikwenze njengami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

49Bonke abantu bagawula, kwaba yilowo nalowo igatsha lakhe kanjalo, bamlandela u-Abimeleki, bawabeka enqabeni, bayithungela inqaba ngomlilo phezu kwabo; bafa bonke abantu abasembhoshongweni waseShekemi, kungathi abayinkulungwane, abesilisa nabesifazane.

50U-Abimeleki wayeseya eThebesi, wamisa malungana neThebesi, walithatha.

51Kepha phakathi komuzi wawukhona umbhoshongo oqinileyo; babalekela khona bonke abesilisa nabesifazane, nabo bonke abomuzi, bazivalela phakathi, benyukela ophahleni lombhoshongo.

52U-Abimeleki wafika embhoshongweni, walwa nawo, wasondela emnyango wombhoshongo ukuba awushise ngomlilo.

53Owesifazane othile waphonsa imbokodwe ekhanda lika-Abimeleki, wachimiza ikhanda lakhe.

54 Wayeseshesha ebiza udibi olwaluphethe izikhali zakhe, wathi kulo: Hosha inkemba yakho, ungibulale ukuba abantu bangasho ngami ukuthi: Wabulawa ngowesifazane. Udibi lwakhe lwase lumgwaza, wafa.

55Kwathi abantu bakwa-Israyeli bebonile ukuthi u-Abimeleki ufile, bamuka baya, kwaba yilowo nalowo endaweni yakhe.

56Kanjalo uNkulunkulu wabuyisela ububi buka-Abimeleki abebenzile kuyise ngokubulala abafowabo abangamashumi ayisikhombisa.

57UNkulunkulu wabuyisela bonke ububi babantu baseShekemi emakhanda abo, behlelwa yisiqalekiso sikaJothamu indodana kaJerubali.

## AbAhluleli 10

### OThola noJayire

1Emva kuka-Abimeleki kwavela uThola indodana kaPhuwa kaDodo, umuntu wakwa-Isakare, ukuba asindise u-Israyeli; wayehlala eShamiri ezintabeni zakwa-Efrayimi.

2Wamahlulela u-Israyeli iminyaka engamashumi amabili nantathu, wafa, wembelwa eShamiri.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

3Emva kwakhe kwavela uJayire wakwaGileyadi, wamahlulela u-Israyeli
iminyaka engamashumi amabili nambili.

4 Wayenamadodana angamashumi amathathu agibela amathole ezimbongolo angamashumi amathathu; ayenemizi engamashumi amathathu ethiwa iHavoti Jayire kuze kube namuhla, esezweni lakwaGileyadi.

5UJayire wafa, wembelwa eKhamoni.

**Abakwa-Israyeli babuyela esandleni sezitha zabo**

6Abantwana bakwa-Israyeli babuye benza okubi emehlweni kaJehova, babakhonza oBali, no-Ashitaroti, nawonkulunkulu base-Aramu, nawonkulunkulu baseSidoni, nawonkulunkulu bakwaMowabi, nawonkulunkulu babantwana bakwa-Amoni, nawonkulunkulu bamaFilisti, bamshiya uJehova, kabamkhonza.

7Intukuthelo kaJehova yamvuthela u-Israyeli, wathengisa ngabo esandleni samaFilisti nasesandleni sabantwana bakwa-Amoni.

8Bakhathaza, bacindezela abantwana bakwa-Israyeli ngalowo mnyaka; iminyaka eyishumi nesishiyagalombili babacindezela bonke abantwana bakwa-Israyeli ababengaphesheya kweJordani ezweni lama-Amori elikwaGileyadi.

9Abantwana bakwa-Amoni bawela iJordani ukuba balwe noJuda noBenjamini nendlu yakwa-Efrayimi; u-Israyeli wantula kakhulu.

10Abantwana bakwa-Israyeli bakhala kuJehova, bathi: Sonile kuwe, ngokuba simshiyile uNkulunkulu wethu, sakhonza oBali.

11UJehova wathi kubantwana bakwa-Israyeli: Anginisindisanga yini kubo abaseGibithe, nakuwo ama-Amori, nakubo abantwana bakwa-Amoni, nakuwo amaFilisti, na?

12Nacindezelwa ngamaSidoni, nama-Amaleki, namaMahoni, nakhala kimi, nganisindisa esandleni sawo.

13 Nokho ningishiyile, nakhonza abanye onkulunkulu; ngalokho angisayikunisindisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14 Hambani nikhale konkulunkulu enibakhethileyo; mabanisindise ngesikhathi sosizi lwenu.

15 Abantwana bakwa-Israyeli bathi kuJehova: Sonile; yenza kithi okuthandayo; kepha ake usophule kuphela namuhla.

16Base besusa onkulunkulu babezizwe phakathi kwabo, bamkhonza uJehova; umphefumulo wakhe wakhathazeka ngokuhlupheka kwabakwa-Israyeli.

17Kwabuthwa abantwana bakwa-Amoni, bamisa kwaGileyadi. Kepha abantwana bakwa-Israyeli babuthana, bamisa eMispa.

18Abantu, izikhulu zakwaGileyadi, bathi omunye komunye: Ngumuphi umuntu oyakuqala ukulwa nabantwana bakwa-Amoni na? Yena uyakuba yinhloko yabo bonke abakhe kwaGileyadi.

## AbAhluleli 11

### UJefta. Ukunqoba kwakhe nesithembiso sakhe

1 UJefta wakwaGileyadi wayeyiqhawe elinamandla; wayeyindodana yesifebe; uGileyadi wamzala uJefta.

2UmkaGileyadi wamzalela amadodana; esekhulile amadodana omkakhe amxosha uJefta, athi kuye: Awuyikulidla ifa endlini kababa, ngokuba uyindodana yomunye owesifazane.

3UJefta wabalekela abafowabo, wahlala ezweni laseThobi; kwabuthana kuJefta amayiyane, aphuma naye.

4Kwathi emva kwesikhashana abantwana bakwa-Amoni balwa no-Israyeli.

5Bathi abantwana bakwa-Amoni belwa no-Israyeli, amalunga akwaGileyadi aya amlanda uJefta ezweni laseThobi.

6Athi kuJefta: Woza ube ngumholi wethu, silwe nabantwana bakwa-Amoni.

7UJefta wathi kumalunga akwaGileyadi: Aningizondanga yini, nangixosha endlini kababa na? Nizelani kimi manje nisekuhlupheken na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Amalunga akwaGileyadi athi kuJefta: Sibuyele kuwe manje ngalokhu ukuba
uhambe nathi, ulwe nabantwana bakwa-Amoni, ube yinhloko phezu kwabo
bonke abakhe kwaGileyadi.

9 Wayesethi uJefta kumalunga akwaGileyadi: Uma ningibuyisa ukulwa
nabantwana bakwa-Amoni, uJehova abanikele phambi kwami, ngiyakuba
yinhloko yenu.

10 Amalunga akwaGileyadi athi kuJefta: UJehova makabe ngufakazi wethu;
impela siyakwenza njengezwi lakho.

11 UJefta wayesehamba namalunga akwaGileyadi; abantu bamenza inhloko
nomholi phezu kwabo; uJefta wakhuluma onke amazwi akhe phambi
kukaJehova eMispa.

12 UJefta wathuma izithunywa enkosini yabantwana bakwa-Amoni, wathi:
Unamsebenzi muni nami ukuba uze kimi ukulwa nezwe lakithi na?

13 Inkosi yabantwana bakwa-Amoni yathi kuzo izithunywa zikaJefta:
Ngokuba u-Israyeli walithatha izwe lakithi ekukhuphukeni kwakhe eGibithe,
kusukela e-Arinoni kuze kube seJaboki naseJordani, buyisani lawo mazwe
ngokuthula.

14 UJefta wabuye wathuma izithunywa enkosini yabantwana bakwa-Amoni,

15 wathi kuyo: Usho kanje uJefta, uthi: U-Israyeli akathathanga izwe
lakwaMowabi nezwe labantwana bakwa-Amoni.

16 Ngokuba ekukhuphukeni kwabo eGibithe, u-Israyeli ehamba ehlane waze
wafika eLwandle Olubomvu, wafika naseKadeshi,

17 u-Israyeli wathuma izithunywa enkosini yakwa-Edomi, wathi: Ake
ngidabule izwe lakho; kepha inkosi yakwa-Edomi ayilalelanga; nasenkosini
yakwaMowabi wathuma kanjalo; kepha ayivumanga; u-Israyeli wayesehlala
eKadeshi.

18 Wayesehamba ehlane, wazungeza izwe lakwa-Edomi nezwe lakwaMowabi,
weza ngasempumalanga kwezwe lakwaMowabi, wamisa ngaphesheya kwe-

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

Arinoni; kepha abangenanga emkhawulweni wakwaMowabi, ngokuba i-Arinoni lalingumkhawulo wakwaMowabi.

19 U-Israyeli wayesethuma izithunywa kuSihoni inkosi yama-Amori, inkosi yaseHeshiboni; u-Israyeli wathi kuye: Ake sidabule izwe lakho, siye endaweni yethu.

20 Kodwa uSihoni akamethembanga u-Israyeli ukuba adabule emkhawulweni wakhe; kepha uSihoni wabutha bonke abantu bakhe, wamisa eJahasi, walwa no-Israyeli.

21 UJehova uNkulunkulu ka-Israyeli wanikela uSihoni nabo bonke abantu bakhe esandleni sakwa-Israyeli, bababulala; u-Israyeli wadla izwe lonke lama-Amori, abantu balelo zwe.

22 Badla izwe lonke lama-Amori, kusukela e-Arinoni kuze kube seJakobi, kusukela ehlane kuze kube seJordani.

23 Manje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli uwaxoshile ama-Amori phambi kwabantu bakhe u-Israyeli; wena uyakulidla izwe na?

24 Awuyikudla lelo uKemoshi unkulunkulu wakho akunika lona ukuba ulidle na? Kanjalo bonke uJehova, uNkulunkulu wethu, abaxosha phambi kwethu, siyalidla elabo.

25 Pho, ungcono yini kunoBalaki indodana kaSipori, inkosi yakwaMowabi, na? Wake waphikisana no-Israyeli, wake walwa nabo na?

26 U-Israyeli esahlala eHeshiboni nasemizaneni yalo, nase-Aroweri nasemizaneni yalo, nasemizini yonke engaseceleni kwe-Arinoni iminyaka engamakhulu amathathu, anisaphucanga ngani yona ngaleso sikhathi na?

27 Mina angikonanga, kepha wena wenza okubi kimi ngokulwa nami; uJehova uMahluleli makahlulele namuhla phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli nabantwana bakwa-Amoni.

28 Kodwa inkosi yabantwana bakwa-Amoni ayilalelanga amazwi kaJefta awathuma kuyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29 Khona uMoya kaJehova wafika kuJefta, wadlula kwaGileyadi nakwaManase, wadlula naseMispa lakwaGileyadi; esuka eMispa lakwaGileyadi wadlulela kubantwana bakwa-Amoni.

30 UJefta wenza isithembiso kuJehova, wathi: Uma uyakunikela impela abantwana bakwa-Amoni esandleni sami,

31 kuyakuthi noma yikuphi okuphuma eminyango yendlu yami ukungihlangabeza, lapho ngibuya ngokuthula kubantwana bakwa-Amoni, kube ngokukaJehova, nginikele ngakho kube ngumnikelo wokushiswa.

32 UJefta wayesedlulela kubantwana bakwa-Amoni ukulwa nabo; uJehova wabanikela esandleni sakhe.

33 Wababulala kusukela e-Aroweri kuze kufike eMiniti, imizi engamashumi amabili, nase-Abela Keramimi ngokuceka okukhulu kakhulu. Kanjalo abantwana bakwa-Amoni banqotshwa phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

### Indodakazi kaJefta

34 UJefta weza eMispa endlini yakhe; bheka, indodakazi yakhe yaphuma ukumhlangabeza, iza nezigubhu nokusina; yayingumntwana oyedwa; ngaphandle kwakhe wayengenandodana nandodakazi.

35 Kwathi lapho eyibona, waklebhula izingubo zakhe, wathi: Hawu, mntanami, ungithobisile kakhulu, ungomunye wabangihluphayo, ngokuba ngivulile umlomo kuJehova, angisenakubuya.

36 Wathi kuye: Baba, uvulile umlomo wakho kuJehova; yenza kimi njengokuphumileyo emlonyeni wakho, lokhu uJehova ekuphindisele ezitheni zakho, abantwana bakwa-Amoni.

37 Yathi kuyise: Mangenzelwe lokhu: ngiyeke izinyanga ezimbili ukuba ngiye, ngehlele ezintabeni, ngililele ubuntombi bami, mina nabangane bami.

38 Wathi: Hamba. Wayimukisa izinyanga ezimbili; yamuka yona nabangane bayo, yalilela ubuntombi bayo ezintabeni.

39 Kwathi ngasekupheleni kwezinyanga ezimbili, yabuyela kuyise owenza kuyo njengokwesithembiso sakhe asethembisileyo; ayiyazanga indoda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

40 Kwaba yisimiso kwa-Israyeli ukuba amadodakazi akwa-Israyeli aye yonke iminyaka ukuyitusa indodakazi kaJefta wakwaGileyadi izinsuku ezine ngomnyaka.

## AbAhluleli 12

### Ukusola kwabakwa-Efrayimi nokunqotshwa kwabo

1 Amadoda akwa-Efrayimi abuthana, aya ngasenyakatho; athi kuJefta: Uwelelani ukulwa nabantwana bakwa-Amoni, ungasibizanga ukuba sihambe nawe, na? Siyakushisa ngomlilo indlu yakho phezu kwakho.

2 UJefta wathi kubo: Mina nabantu bami sasilwa kakhulu nabantwana bakwa-Amoni; nganibiza, aningisindisanga esandleni sabo.

3 Nxa sengibonile ukuthi aningisindisanga, ngabeka ukuphila kwami esandleni sami, ngadlulela kubantwana bakwa-Amoni, uJehova wabanikela esandleni sami; ngalokho nikhuphukeleni kimi namuhla ukulwa nami na?

4 UJefta wayesebutha bonke abantu bakwaGileyadi, walwa no-Efrayimi; abantu bakwaGileyadi bamahlula u-Efrayimi, ngokuba bathi: Ningababalekileyo bakwa-Efrayimi nina bakwaGileyadi phakathi kwabakwa-Efrayimi naphakathi kwabakwaManase.

5 AbakwaGileyadi bavimba amazibuko aseJordani phambi kwabakwa-Efrayimi; kwathi lapho ababalekileyo bakwa-Efrayimi bethi: Mangiwele, abantu bakwaGileyadi bathi kuye: Ungowakwa-Efrayimi na? Uma ethi: Cha,

6 bathi kuye: Shono uthi: Shiboleti, abesethi: Siboleti, ngokuba engaqaphelanga ukuliphimisa kahle; base bembamba, bambulala ngasemazibukweni aseJordani; kwawa ngaleso sikhathi abakwa-Efrayimi abayizinkulungwane ezingamashumi amane nambili.

### Ukufa kukaJefta

7 UJefta wamahlulela u-Israyeli iminyaka eyisithupha. Wafa uJefta wakwaGileyadi, wambelwa komunye wemizi yakwaGileyadi.

### O-Ibisani, no-Eloni, no-Abidoni

8 Emva kwakhe u-Ibisani waseBetlehema wahlulela u-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Wayenamadodana angamashumi amathathu; amadodakazi angamashumi amathathu wawendisa, wathathela amadodana akhe izintombi ezingamashumi amathathu. Wamahlulela u-Israyeli iminyaka eyisikhombisa.

10U-Ibisani wafa, wembelwa eBetlehema.

11Emva kwakhe u-Eloni wakwaZebuloni wahlulela u-Israyeli; wamahlulela u-Israyeli iminyaka eyishumi.

12U-Eloni wakwaZebuloni wafa, wembelwa e-Ajaloni ezweni lakwaZebuloni.

13Emva kwakhe u-Abidoni indodana kaHileli wasePirathoni wahlulela u-Israyeli.

14 Wayenamadodana angamashumi amane namadodana amadodana akhe angamashumi amathathu agibela amathole ezimbongolo angamashumi ayisikhombisa; wamahlulela u-Israyeli iminyaka eyisishiyagalombili.

15U-Abidoni indodana kaHileli wasePirathoni wafa, wembelwa ePirathoni ezweni lakwa-Efrayimi ezintabeni zama-Amaleki.

## AbAhluleli 13

### Ukuzalwa kukaSamsoni

1Abantwana bakwa-Israyeli babuye benza okubi emehlweni kaJehova; uJehova wabanikela esandleni samaFilisti iminyaka engamashumi amane.

2Kwakukhona umuntu othile waseSora womndeni wakwaDani ogama lakhe lalinguManowa; umkakhe wayeyinyumba engazali.

3Ingelosi kaJehova yabonakala kowesifazane, yathi kuye: Bheka-ke, uyinyumba, awuzali, kepha uyakukhulelwa, uzale indodana.

4 Ngalokho ake uxwaye ungaphuzi wayini naluphuzo olunamandla, ungadli lutho olungcolileyo,

5ngokuba bheka, uyakukhulelwa, uzale indodana, impuco ayiyikuthinta ekhanda layo, ngokuba umntwana uyakuba ngumNaziri kaNkulunkulu kwasesizalweni; uyakuqala ukusindisa u-Israyeli esandleni samaFilisti.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Owesifazane wayeseya ukubika endodeni yakhe, ethi: Kufikile kimi umuntu kaNkulunkulu, isimo sakhe sasinjengesimo sengelosi kaNkulunkulu, sesabeka kakhulu; angimbuzanga ukuthi uvelaphi, naye akangitshelanga igama lakhe.

7Kepha wathi kimi: Bheka, uyakukhulelwa, uzale indodana; ngakho ungaphuzi wayini naluphuzo olunamandla, ungadli lutho olungcolileyo, ngokuba umntwana uyakuba ngumNaziri kaNkulunkulu kwasesizalweni kuze kube sosukwini lokufa kwakhe.

8UManowa wayesemncenga uJehova, wathi: O Nkosi, umuntu kaNkulunkulu owamthumayo ake abuyele kithi, asifundise ukuthi siyakwenzani kumntwana ozakuzalwa.

9UNkulunkulu walalela izwi likaManowa; ingelosi kaNkulunkulu yabuyela kowesifazane ehlezi endle; kepha uManowa indoda yakhe wayengenaye.

10Owesifazane washesha, wagijima, wayitshela indoda yakhe, wathi kuyo: Bheka, ubonakele kimi lowo muntu owafika kimi ngolunye usuku.

11UManowa wasukuma wamlandela umkakhe, wafika kulowo muntu, wathi kuye: Wena ungumuntu lowo owakhuluma kowesifazane na? Wathi: Nginguye.

12Wayesethi uManowa: Nxa esenzekile amazwi akho, iyakuba yini indlela yomntwana, kuyakwenziwani na?

13Ingelosi kaJehova yathi kuManowa: Konke engakushoyo kowesifazane makakuxwaye.

14Kangadli lutho oluvela ezithelweni zomvini, kangaphuzi wayini naluphuzo olunamandla, kangadli lutho olungcolileyo; konke engamyaleza ngakho kakugcine.

15 UManowa wayesethi engelosini kaJehova: Ake sikulibazise, sikulungisele izinyane lembuzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

16 Ingelosi kaJehova yathi kuManowa: Noma ungilibazisa, angiyikudla ukudla kwakho; uma ulungisa umnikelo wokushiswa, uyakunikela ngawo kuJehova. Ngokuba uManowa wayengazi ukuthi uyingelosi kaJehova.

17 UManowa wathi engelosini kaJehova: Ngubani igama lakho ukuba, lapho esenzekile amazwi akho, sikudumise?

18 Ingelosi kaJehova yathi kuye: Ubuzelani igama lami, lokhu liyimfihlakalo, na?

19 UManowa walithatha izinyane lembuzi kanye nomnikelo wempuphu, wanikela ngakho kuJehova edwaleni. Yase yenza okumangalisayo, uManowa nomkakhe bebukela.

20 Kwathi ilangabi lisaphuma e-altare lenyukela ngasezulwini, ingelosi kaJehova yenyuka elangabini le-altare; uManowa nomkakhe babukela; bawa ngobuso emhlabathini.

21 Kepha ingelosi kaJehova ayiphindanga ukubonakala kuManowa nomkakhe. Khona uManowa waqonda ukuthi yingelosi kaJehova.

22 UManowa wathi kumkakhe: Siyakufa nokufa, ngokuba simbonile uNkulunkulu.

23 Kepha umkakhe wathi kuye: Uma uNkulunkulu ebethanda ukusibulala, nga engamukelanga esandleni sethu umnikelo wokushiswa nomnikelo wempuphu, futhi nga engasibonisanga konke lokho, nga engasitshelanga izinto njengalezi.

24 Owesifazane wazala indodana, waqamba igama layo ngokuthi uSamsoni; umntwana wakhula, uJehova wambusisa.

25 UMoya kaJehova waqala ukumqhuba eMahane Dani phakathi kweSora ne-Eshitawoli.

## AbAhluleli 14

### Umshado kaSamsoni nemfumbe yakhe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

1 USamsoni wehlela eThimna; wabona owesifazane eThimna wamadodakazi amaFilisti.

2 Wakhuphuka, wabatshela uyise nonina, wathi: Ngibonile owesifazane eThimna wamadodakazi amaFilisti; ngalokho ngithatheleni yena abe ngumkami.

3 Uyise nonina base bethi kuye: Akakho yini owesifazane phakathi kwamadodakazi abafowenu noma phakathi kwabo bonke abantu bami, ukuze uye kuthatha umfazi kumaFilisti angasokile, na? USamsoni wathi kuyise: Ngithathele yena, ngokuba uyathandeka kimi.

4 Kepha uyise nonina babengazi ukuthi lokho kwavela kuJehova, ngokuba wayefuna ithuba lokulwa namaFilisti. Ngaleso sikhathi amaFilisti ayebusa phezu kuka-Israyeli.

5 USamsoni wayesehla noyise nonina, baya eThimna, bafika ezivinini zaseThimna; bheka, ibhongo lengonyama lamhlangabeza libhodla.

6 UMoya kaJehova wafika phezu kwakhe ngamandla, walidwengula kungathi udwengula izinyane lembuzi, engaphethe lutho esandleni sakhe: kepha akabatshelanga uyise nonina abekwenzile.

7 Wehla, wakhuluma nowesifazane; wathandeka kuSamsoni.

8 Emva kwesikhathi wabuya ukuba amthathe, waphambuka ukuyobona isidumbu sengonyama; bheka, kwakukhona iqulo lezinyosi esidumbini sengonyama kanye noju.

9 Wazitapa ngezandla zakhe, wahamba, wahamba edla, wafika kuyise nonina, wabapha, badla nabo; kepha akabatshelanga ukuthi wayetape izinyosi esidumbini sengonyama.

10 Uyise wehla, waya kulowo wesifazane, uSamsoni wenza idili khona, ngokuba zazenze njalo izinsizwa.

11 Kwathi lapho bembona, baletha abayeni abangamashumi amathathu ukuba babe naye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 USamsoni wathi kubo: Ake ngininike imfumbe; uma ningitshela yona kahle
ngezinsuku eziyisikhombisa zedili, niyiqandele, ngiyakuninika amayembe
angamashumi amathathu nezingubo zokuphendulela ezingamashumi
amathathu;

13 kepha uma ningenakuyiqandela kimi, niyakunginika amayembe
angamashumi amathathu nezingubo zokuphendulela ezingamashumi
amathathu. Bathi kuye: Yisho imfumbe yakho ukuba siyizwe.

14 Wayesethi kubo: Kodlayo kwaphuma ukudla, konamandla kwavela
okumnandi. Babengenakuyiqandela imfumbe ngezinsuku ezintathu.

15 Kwathi ngosuku lwesikhombisa bathi kumkaSamsoni: Yenza umyeni wakho
ukuba asichasisele imfumbe, funa sikushise wena nendlu kayihlo ngomlilo;
nisimemele ukuba nisidle na? Akunjalo na?

16 UmkaSamsoni wakhala phambi kwakhe, wathi: Uyangizonda kuphela,
awungithandi; unikile abakithi imfumbe, awungitshelanga yona. Wathi kuye:
Bheka, angibatshelanga ubaba nomame, ngiyakukutshela wena na?

17 Wakhala phambi kwakhe izinsuku eziyisikhombisa, lisekhona idili labo;
kwathi ngosuku lwesikhombisa wayesemtshela, ngokuba wamcindezela
kakhulu; wayisho imfumbe kwabakubo.

18 Abantu bomuzi bathi kuye ngosuku lwesikhombisa, lingakashoni ilanga:
Kuyini okumnandi kunezinyosi? Kuyini okunamandla kunengonyama na?
Wathi kubo: Uma beningalimanga ngesithokazi sami, ngabe
ningayiqandelanga imfumbe yami.

19 UMoya kaJehova wafika kuye ngamandla, wehlela e-Ashikeloni, wabulala
abantu abangamashumi amathathu kubo, wathatha isambatho sabo,
wabanika abayiqandele imfumbe izingubo zokuphendulela. Intukuthelo
yakhe yavutha, wenyukela endlini kayise.

20 Kepha umkaSamsoni wanikwa kumngane wakhe owabe ngomunye
wabayeni bakhe.

**AbAhluleli 15**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### USamsoni nezimpungushe ezingamakhulu amathathu

1Kodwa kwathi emva kwesikhathi, ngesikhathi sokuvuna ukolweni, uSamsoni wahambela umkakhe enezinyane lembuzi; wathi: Ngiyakungena kumkami ekamelweni. Kepha uyise kavumanga ukuba angene.

2Uyise wathi: Bengithi impela umalile nokumala; ngalokho ngamnika umngane wakho; udadewabo omelamayo kamuhle kunaye na? Ake umthathe esikhundleni sakhe.

3USamsoni wathi kubo: Okwalesi sikhathi anginacala kumaFilisti, uma ngiwenzela okubi.

4USamsoni wahamba, wabamba izimpungushe ezingamakhulu amathathu, wathatha izikhuni, wazibhekisana ngemisila, wafaka isikhuni phakathi kwemisila ngamibili.

5Wazithungela izikhuni ngomlilo, wazivumela ukuba zingene phakathi kwamabele amaFilisti engakavunwa, washisa amaqhinqa nezinhlanga zamabele kanye nezivini neminqumo.

6AmaFilisti ayesethi: Ngubani okwenzile lokho na? Bathi: NguSamsoni, umkhwenyana wowaseThimna, ngokuba yena uthathe umkakhe, wamnika umngane wakhe. AmaFilisti akhuphuka, amshisa yena noyise ngomlilo.

7USamsoni wathi kubo: Uma nenze njalo, impela ngiyakuphindisela kini, andukuba ngiyeke.

8Wababulala ithebe nethanga ngokubulala okukhulu; wehla, wahlala ofantwini lwedwala lase-Etamu.

### USamsoni ubulala ngomhlathi wembongolo

9AmaFilisti akhuphuka, amisa kwaJuda, ahlakazeka eLehi.

10Abantu bakwaJuda bathi: Nisikhuphukeleleni na? Bathi: Sikhuphukele ukuba simbophe uSamsoni, senze kuye njengalokho enze kithina.

11Abantu abayizinkulungwane ezintathu bakwaJuda behlela ofantwini lwedwala lase-Etamu, bathi kuSamsoni: Awukwazi yini ukuthi amaFilisti

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

abusa phezu kwethu na? Kuyini, pho, lokho okwenzile kithina na? Wathi kubo: Njengalokho benza kimi, ngenze njalo kubo.

12Base bethi kuye: Sehlele ukuba sikubophe, ukuze sikunikele esandleni samaFilisti. USamsoni wathi kubo: Fungani kimi ukuthi nina aniyikungisukela.

13Basho kuye, bathi: Qha, kepha siyakukubopha nokukubopha, sikunikele esandleni sawo, kodwa impela asiyikukubulala. Bambopha ngezintambo ezimbili ezintsha, bamkhuphulela edwaleni.

14Lapho efika eLehi, amaFilisti amhlangabeza ekhamuluka; uMoya kaJehova wafika kuye ngamandla, izintambo ezazisezingalweni zakhe zaba njengefilakisi elishiswe ngomlilo, nezibopho zakhe zancibilika, zasuka ezandleni zakhe.

15Wafumana umhlathi wembongolo osemusha, welula isandla sakhe, wawuthatha, wabulala ngawo abantu abayinkulungwane.

16Wathi uSamsoni: Ngomhlathi wembongolo ngibulele inqwaba, yebo, izinqwaba ezimbili, ngomhlathi wembongolo abantu abayinkulungwane.

17Kwathi eseqedile ukukhuluma, wawulahla umhlathi esandleni sakhe; leyo ndawo yathiwa iRamati Lehi.

18Wayesomile kakhulu, wakhala kuJehova, wathi: Wenzile lokhu kukhululeka okukhulu ngesandla senceku yakho; kepha manje sengiyakufa ukoma, ngiwele esandleni sabangasokile.

19Kodwa uNkulunkulu wadabula isigoxi esiseLehi, kwaphuma amanzi kuso; lapho esephuzile, umoya wakhe wabuya, wahlumeleleka; ngalokho igama laso labizwa ngokuthi i-Eni Hakore eliseLehi kuze kube namuhla.

20Wahlulela u-Israyeli ngezinsuku zamaFilisti iminyaka engamashumi amabili.

## AbAhluleli 16

### Izivalo zomuzi waseGaza

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1USamsoni waya eGaza; wabona lapho isifebe, wangena kuso.

2Kwathiwa kumaGaza: USamsoni ufikile lapha. Bamhaqa, bamqamekela ubusuku bonke esangweni lomuzi; bathula ubusuku bonke, bathi: Makube sekukhanyeni kokusa; khona siyakumbulala.

3USamsoni walala kwaze kwaba phakathi kwamabili; wavuka phakathi kobusuku, wabamba izivalo zesango lomuzi nezinsika zombili, wazincothula kanye nomgoqo, wazibeka emahlombe akhe, wazikhuphulela esiqongweni sentaba ephambi kweHebroni.

### UDelila

4Kwathi ngasemuva wathanda owesifazane esiGodini saseSoreki ogama lakhe lalinguDelila.

5 Amakhosi amaFilisti enyukela kuye, athi kuye: Myenge, ubone ukuthi amandla akhe amakhulu aphi nokuthi singamahlula ngani ukuba simbophe, simnqobe; siyakukunika, kube yilowo nalowo, izinhlamvu eziyinkulungwane nekhulu zesiliva.

6UDelila wathi kuSamsoni: Ake ungitshele ukuthi amandla akho amakhulu aphi nokuthi ungaboshwa ngani, unqotshwe.

7USamsoni wathi kuye: Uma bengibopha ngezinsinga eziyisikhombisa ezimanzi ezingakomi, ngiyakuba buthakathaka, ngibe njengomunye umuntu.

8Amakhosi amaFilisti ayeseletha kuye izinsinga eziyisikhombisa ezimanzi ezingakomi, wambopha ngazo.

9Wayenabaqamekeli behlezi ekamelweni eliphakathi. Wayesethi kuye: AmaFilisti aphezu kwakho, Samsoni. Wayesegqabula izinsinga njengentambo yefilakisi igqatshulwa, lapho izwa umlilo. Ngalokho amandla akhe awaziwanga.

10Wayesethi uDelila kuSamsoni: Bheka, udlale ngami, wangitshela amanga; ake ungitshele manje ukuthi ungaboshwa ngani.

11Wathi kuye: Uma bengibopha ngamagoda amasha okungasetshenziwanga ngawo, ngiyakuba buthakathaka, ngibe njengomunye umuntu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 UDelila wayesethatha amagoda amasha, wambopha ngawo, wathi kuye:
AmaFilisti aphezu kwakho, Samsoni. Abaqamekeli babehlezi ekamelweni
eliphakathi. Wawagqabula ezingalweni zakhe njengomucwana.

13 UDelila wayesethi kuSamsoni: Kuze kube manje udlale ngami, wangitshela
amanga; ngitshele ukuthi ungaboshwa ngani. Wathi kuye: Uma weluka
amagoda ayisikhombisa ekhanda lami nezintambo zakho zokwelukwa.

14 Wawabethela-ke ngesikhonkwane, wathi kuye: AmaFilisti aphezu kwakho,
Samsoni. Wavuka ebuthongweni, wasincothula isikhonkwane sokweluka
nezintambo zokwelukwa.

15 Wayesethi kuye: Ungasho kanjani ukuthi uyangithanda, nxa inhliziyo yakho
ingenami na? Usudlale ngami kathathu, awungitshelanga ukuthi amandla
akho aphi.

16 Kwathi lapho emcindezela yonke imihla ngamazwi akhe, emgqugquza,
wakhathazeka umphefumulo wakhe kwaze kwaba sekufeni.

17 Wamtshela inhliziyo yakhe yonke, wathi kuye: Akuthintanga mpuco
ekhanda lami, ngokuba bengingumNaziri kaNkulunkulu kwasesizalweni
sikamame; uma ngiphuculwa, amandla ami ayakumuka kimi, ngiyakuba
buthakathaka, ngibe njengomunye umuntu.

18 UDelila wabona ukuthi wayemtshelile yonke inhliziyo yakhe; wathuma
wawabiza amakhosi amaFilisti, wathi: Yenyukani kalokhu, ngokuba
ungitshelile yonke inhliziyo yakhe. Ayesenyukela kuye amakhosi amaFilisti,
aletha imali esandleni sawo.

19 Wamlalisa ubuthongo emathangeni akhe, wabiza umuntu, waphucula
amagoda ayisikhombisa ekhanda lakhe; waqala ukumhlupha, amandla akhe
amuka kuye.

20 Wathi: AmaFilisti aphezu kwakho, Samsoni. Wavuka ebuthongweni, wathi:
Ngiyakuphuma njengangezinye izikhathi, ngizithintithe. Kepha wayengazi
ukuthi uJehova wayemukile kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 AmaFilisti ambamba, awakhipha amehlo akhe; amehlisela eGaza, ambopha
ngamaketanga; wasila etilongweni.

22 Nokho izinwele zekhanda lakhe zaqala ukuhluma futhi esephuculiwe.

### Isenzo sokugcina sikaSamsoni nokufa nokumbelwa kwakhe

23 Amakhosi amaFilisti abuthana ukuba ahlabele uDagoni unkulunkulu wawo
umhlatshelo omkhulu, athokoze, ngokuba athi: Unkulunkulu wethu unikele
uSamsoni isitha sethu esandleni sethu.

24 Abantu bambona, bamtusa unkulunkulu wabo, ngokuba bathi: Unkulunkulu
wethu unikele esandleni sethu isitha sethu nomchithi wezwe lakithi obulele
abaningi phakathi kwethu.

25 Kwathi lapho izinhliziyo zabo sezesasile, bathi: Mbizeni uSamsoni ukuba
asidlalele. Bambiza uSamsoni esetilongweni, wadlala phambi kwabo,
bambeka phakathi kwezinsika.

26 USamsoni wathi kumfana owayembambe ngesandla: Ngivumele ukuphatha
izinsika indlu emi ngazo ukuba ngencike kuzo.

27 Indlu yayigcwele abesilisa nabesifazane; namakhosi onke amaFilisti
ayelapho; ophahleni kwakukhona abantu kungathi abayizinkulungwane
ezintathu, abesilisa nabesifazane, ababebukela ukudlala kukaSamsoni.

28 USamsoni wakhala kuJehova, wathi: Nkosi Nkulunkulu, ake
ungikhumbule, ungiqinise kube kanye kuphela, Nkulunkulu, ukuba
ngiphindise kumaFilisti ngempindiselo ibenye ngenxa yamehlo ami omabili.

29 USamsoni wayesebamba izinsika ezimbili eziphakathi eyayimi ngazo indlu,
wencika kuzo, kwenye ngesandla sokunene, kwenye ngesokhohlo.

30 USamsoni wathi: Mangife namaFilisti. Wakhothama ngamandla akhe onke,
indlu yawela phezu kwamakhosi naphezu kwabo bonke abantu ababe kuyo.
Abafileyo ababulalayo ekufeni kwakhe babebaningi kunabo ababulalayo
ekuhambeni kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[31] Base behla abafowabo nayo yonke indlu kayise, bamthatha, bamenyusa, bammbela phakathi kweSora ne-Eshitawoli ethuneni likaManowa uyise. Wamahlulela u-Israyeli iminyaka engamashumi amabili.

## AbAhluleli 17

### UMika nendlu yakhe yezithombe

[1]Kwakukhona umuntu wasezintabeni zakwa-Efrayimi ogama lakhe lalinguMika.

[2]Yena wathi kunina: Lezo zinhlamvu eziyinkulungwane nekhulu zesiliva ezathathwa kuwe, owaziqalekisa, wakhuluma ngazo ezindlebeni zami, bheka, leyo mali ikimi; ngayithatha. Unina wathi: Mayibusiswe nguJehova indodana yami.

[3]Wabuyisela kunina lezo zinhlamvu eziyinkulungwane nekhulu zesiliva; unina wathi: Ngiyangcwelisa impela leli siliva kuJehova esandleni sami, libe ngelendodana yami ukuba kwenziwe isithombe esibaziweyo nesibunjiweyo; manje ngiyakulibuyisela kuwe.

[4]Kepha walibuyisela isiliva kunina, unina wathatha izinhlamvu ezingamakhulu amabili zesiliva, wazinika umkhandi wesiliva owenza ngazo isithombe esibaziweyo nesibunjiweyo; zase zihlala endlini kaMika.

[5] Lowo muntu uMika wayenendlu enawonkulunkulu, wenza ingubo yamahlombe namatherafi, wahlukanisela enye indodana yakhe ibe ngumpristi wakhe.

[6] Ngalezo zinsuku kwakungekho nkosi kwa-Israyeli; yilowo nalowo wenza okulungile emehlweni akhe.

[7]Kwakukhona insizwa yaseBetlehema Juda yomndeni wakwaJuda eyayingumLevi; yayigogobele khona.

[8]Lowo muntu wamuka emzini, iBetlehema Juda, ukuyobona lapho engathola khona indawo; ekuhambeni kwakhe wafika ezintabeni zakwa-Efrayimi endlini kaMika.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9UMika wathi kuye: Uvelaphi na? Wathi kuye: NgingumLevi waseBetlehema Juda; ngiyahamba ukubona lapho ngingathola khona indawo.

10UMika wayesethi kuye: Hlala kimi, ube ngubaba nompristi wami, ngiyakukunika izinhlamvu eziyishumi zesiliva ngomnyaka, nesambatho, nokudla kwakho. UmLevi wangena.

11UmLevi wavuma ukuhlala kulowo muntu; nensizwa yaba kuye njengendodana yakhe.

12UMika wayesahlukanisela umLevi, leyo nsizwa yaba ngumpristi wakhe, yahlala endlini kaMika.

13Wayesethi uMika: Manje sengiyazi ukuthi uJehova uyakungenzela okuhle, lokhu nginomLevi ongumpristi wami.

## AbAhluleli 18

### AbakwaDani nezithombe zikaMika

1 Ngalezo zinsuku kwakungekho nkosi kwa-Israyeli; ngalezo zinsuku isizwe sakwaDani sazifunela ifa lokuhlala, ngokuba kuze kube ngalolo suku babengabelwanga ifa phakathi kwezizwe zakwa-Israyeli.

2Abantwana bakwaDani bathuma abantu abayisihlanu bomndeni wabo, bephuma kuso sonke isizwe sabo, amaqhawe, beseSora nase-Eshitawoli, ukuba bahlole izwe, balicinge; bathi kubo: Hambani, nilicinge izwe, bafika ezintabeni zakwa-Efrayimi endlini kaMika, bahlala khona.

3 Lapha besengasendlini kaMika, balazi izwi lensizwa engumLevi, baphambukela khona, bathi kuye: Walethwa ngubani lapha? Wenzani kule ndawo? Ufunani lapha?

4Wathi kubo: UMika ungenzele ukuthi nokuthi; ungiqashile ngaba ngumpristi wakhe.

5Base bethi kuye: Ake umbuze uNkulunkulu ukuze sazi uma indlela yethu esiyihambayo iyakuba nempumelelo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

6Umpristi wathi kubo: Hambani nokuthula; indlela eniyihambayo iphambi kukaJehova.

### Ukunqotshwa kweLayishi

7Base bemuka labo bantu abayisihlanu, bafika eLayishi, babona abantu abakulo ukuthi basahlala belondekile ngendlela yamaSidoni, benokuthula, bengenaluvalo, ngokuba kwakungekho ezweni onamandla ukuba abajabhise ngalutho; babekude namaSidoni, bengenandaba nabanye abantu.

8Babuye bafika kubafowabo eSora nase-Eshitawoli; abafowabo bathi kubo: Nithini na?

9Bathi: Sukani, senyukele kubo, ngokuba silibonile izwe; bhekani, lihle kakhulu; niyathula yini? Ningenqeni ukuhamba, ningene ukuba nilidle izwe.

10Nxa nihamba, niyakufika kubantu abalondekileyo, izwe libanzi, ngokuba uNkulunkulu ulinikele esandleni senu, indawo lapho kungekho khona ukuswela lutho olusemhlabeni.

11Kwase kuphuma lapho kumndeni wakwaDani eSora nase-Eshitawoli abantu abangamakhulu ayisithupha bebhincile izikhali zokulwa.

12Benyuka, bamisa eKiriyati Jeharimi kwaJuda; ngalokho bayibiza leyo ndawo ngokuthi iMahane Dani kuze kube namuhla; bheka, lingasemva kweKiriyati Jeharimi.

13Basuka khona, baya ezintabeni zakwa-Efrayimi, bafika endlini kaMika.

14Abantu abayisihlanu ababeyile ukuhlola izwe laseLayishi base bephendula, bathi kubafowabo: Niyazi yini ukuthi kukhona kulezi zindlu ingubo yamahlombe, namatherafi, nesithombe esibaziweyo, nesithombe esibunjiweyo na? Ngalokho cabangani manje ukuthi niyakwenzani.

15Baphambuka khona, bafika endlini yensizwa yomLevi, endlini kaMika, bayibuza impilo.

16Abantu abangamakhulu ayisithupha bebhince izikhali zokulwa abangabantwana bakwaDani bema ngasesikhaleni sesango.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Abantu abayisihlanu ababeyile ukuhlola izwe benyuka, bafika lapho,
basithatha isithombe esibaziweyo, nengubo yamahlombe, namatherafi,
nesithombe esibunjiweyo; umpristi wema ngasesikhaleni sesango kanye
nabantu abangamakhulu ayisithupha bebhince izikhali zokulwa.

18Labo sebengenile endlini kaMika basithatha isithombe esibaziweyo,
nengubo yamahlombe, namatherafi, nesithombe esibunjiweyo; umpristi wathi
kubo: Nenzani na?

19Bathi kuye: Thula, ubeke isandla sakho emlonyeni wakho, uhambe nathi,
ube ngubaba nompristi wethu; kuhle yini ukuba ube ngumpristi wendlu
yomuntu munye kunokuba ube ngumpristi wesizwe nomndeni kwa-Israyeli
na?

20Yayisithokoza inhliziyo yompristi, wayithatha ingubo yamahlombe,
namatherafi, nesithombe esibaziweyo, wangena phakathi kwabantu.

21Baphenduka, bamuka, babeka izingane, nezinkomo, nempahla phambi
kwabo.

22Sebekude nendlu kaMika abantu abasezindlini eziseduze nendlu kaMika
babuthana, babafica abantwana bakwaDani.

23Bamemeza kubantwana bakwaDani, baphenduka, bathi kuMika: Yini ukuba
ufike nesixuku na?

24Wathi: Nithathile onkulunkulu bami engabenzayo, nompristi, namuka;
ngisenani na? Nisholoni kimi ukuthi: Yini na?

25Abantwana bakwaDani base bethi kuye: Izwi lakho malingezwakali
phakathi kwethu, funa abantu bathukuthele, banehlele, ulahlekelwe
ngukuphila kwakho kanye nabendlu yakho.

26Bahamba abantwana bakwaDani; uMika esebonile ukuthi banamandla
kunaye, waphenduka, wabuyela endlini yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27 Bathatha abekwenzile uMika nompristi wakhe, bafika eLayishi kubantu abanokuthula belondekile, bababulala ngosiko lwenkemba; bashisa umuzi ngomlilo.

28Kwakungekho owophulayo, ngokuba wawukude neSidoni; babengenandaba nabanye abantu; wawusesigodini esingaseBeti Rehobe. Bawakha umuzi, bahlala kuwo.

29Baqamba igama lomuzi ngokuthi uDani ngegama likaDani uyise owazalelwa u-Israyeli; kepha igama lomuzi laliyiLayishi kuqala.

30 Abantwana bakwaDani bazimisela isithombe esibaziweyo; uJonathani indodana kaGereshomu kaMose yena namadodana akhe babe ngabapristi besizwe sakwaDani kwaze kwaba ngosuku lokuthunjwa kwezwe.

31 Base bemisa isithombe esibaziweyo sikaMika abesenzile sonke isikhathi indlu kaNkulunkulu iseShilo.

## AbAhluleli 19

### Isenzo esibi eGibeya

1 Kwathi ngalezo zinsuku kungekho inkosi kwa-Israyeli, kwakukhona umLevi othile owayegogobele ohlangothini olungasemuva kwezintaba zakwa-Efrayimi, owazithathela isancinza eBetlehema Juda.

2Isancinza sakhe samgilela ubufebe, sasuka kuye, saya endlini kayise eBetlehema Juda, sahlala khona isikhathi esiyizinyanga ezine.

3Umyeni waso wasuka, wasilandela ukuba akhulume kuyo inhliziyo yaso, asibuyise, enenceku yakhe nezimbongolo ezimbili; samngenisa endlini kayise; lapho uyise wentombi embona, wathokoza ukuhlangana naye.

4Umukhwe wakhe, uyise wentombi, wambambezela, wahlala kuye izinsuku ezintathu; badla, baphuza, bahlala khona.

5Kwathi ngosuku lwesine bavuka ekuseni kakhulu, wasuka ukuba ahambe; uyise wentombi wathi kumkhwenyana wakhe: Hlumelela inhliziyo yakho ngocezu lwesinkwa, andukuba nihambe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Bahlala phansi, badla, baphuza bobabili kanyekanye; uyise wentombi wathi
kuyo indoda: Ake udele, ulale ubusuku, ithokoze inhliziyo yakho.

7Kepha lowo muntu wasukuma nokho ukuba ahambe; wayesemncengisisa
umukhwe wakhe, wabuye walala khona.

8Wavuka ekuseni kakhulu ngosuku lwesihlanu ukuba ahambe; uyise
wentombi wathi: Ake uhlumelele inhliziyo yakho, nihlale lize lithambame
ilanga. Badla-ke bobabili.

9Lapho umuntu esesukuma ukuba ahambe, yena nesancinza sakhe nenceku
yakhe, umukhwe wakhe, uyise wentombi, wathi kuye: Bheka, ilanga
seliyathambama, sekuzakuhlwa; ake uhlale ubusuku bonke; yebo, ilanga
seliyakuphela; hlala lapha ukuba inhliziyo yakho ithokoze, nivuke kusasa
ekuseni kakhulu, nihambe indlela yenu ukuba ufike etendeni lakho.

10Kepha akavumanga lowo muntu ukuhlala lobo busuku, kodwa wavuka
wahamba, wafika malungana neJebusi eliyiJerusalema; kwakukhona naye
izimbongolo ezimbili ziboshelwe izihlalo; nesancinza sakhe sasinaye.

11SebengaseJebusi, ilanga lase lidlulile kakhulu; inceku yathi enkosini yayo:
Ake uze, siphambukele kulo muzi wamaJebusi, sihlale kuwo.

12Inkosi yayo yathi kuyo: Asiyikuphambukela emzini wabafokazi ongesiwo
owabantwana bakwa-Israyeli, kepha siyakudlulela eGibeya.

13Yayisithi encekwini: Woza, sisondele kwenye yalezi zindawo; siyakulala
eGibeya noma eRama.

14Base bethula bahamba; ilanga lashona bengaseGibeya
elingelakwaBenjamini.

15Baphambukela lapho ukuba bangene, balale eGibeya; wangena, wahlala
phansi esigcawini somuzi; ngokuba kwakungekho muntu owabamukela
endlini yakhe ukuba balale khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

16Bheka, kwafika ixhegu livela emsebenzini walo ensimini kusihlwa; lalingumuntu wasezintabeni zakwa-Efrayimi, lagogobala eGibeya; kepha abantu baleyo ndawo babe ngabakwaBenjamini.

17Waphakamisa amehlo akhe, wabona isihambi esigcawini somuzi; ixhegu lase lithi: Uyangaphi na? Uvelaphi na?

18Wathi kulo: Siyadlula sivela eBetlehema Juda, siya ohlangothini olungasemuva kwezintaba zakwa-Efrayimi; ngivela khona; ngaya eBetlehema Juda; sengiya endlini kaJehova, kepha akukho muntu ongamukela endlini yakhe.

19Kukhona nokho utshani nefoliji lezimbongolo zethu; mina-ke nginesinkwa newayini, kanjalo nencekukazi yakho nensizwa enathi, izinceku zakho; akusweleke lutho.

20Lase lithi ixhegu: Ukuthula makube kuwe; kepha konke okuswelayo makube phezu kwami; kepha ungalali esigcawini.

21Lase limngenisa endlini yalo, lazinika izimbongolo ifoliji; bageza izinyawo zabo, badla, baphuza.

22 Besajabulisa izinhliziyo zabo, bheka, abantu bomuzi, abantu ababi, bahaqa indlu nxazonke, bangqongqotha emnyango; basho kumninindlu, ixhegu, bathi: Khipha lowo muntu owangena endlini yakho ukuba simazi.

23Ixhegu, umninindlu, laphumela kubo, lathi kubo: Hhayi, bafowethu, ngiyanicela, ningenzi okubi okungako; lokhu lo muntu engenile endlini yami, ningenzi lobu buwula.

24Bhekani, nansi indodakazi yami, intombi, nesancinza sakhe; ngiyakubakhipha bona manje, nibone, nenze kubo njengokuthanda kwenu; kepha kulo muntu ningenzi ubuwula obunjalo.

25Kepha abantu kabavumanga ukumlalela; khona lowo muntu wasibamba isancinza sakhe, wasikhiphela kubo; basazi, basona ubusuku bonke kwaze kwaba sekuseni; ekuthatheni kokusa basiyeka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26Owesifazane wayesefika ngovivi lokusa, wawa ngasemnyango wendlu yomuntu, lapho yayikhona inkosi yakhe, kwaze kwakhanya.

27Inkosi yakhe yavuka ekuseni, yavula iminyango yendlu, yaphuma ukuba ihambe indlela yayo; bheka, owesifazane, isancinza sakhe, wayewile ngasemnyango wendlu, izandla zakhe ziphezu kombundu.

28Yathi kuye: Vuka sihambe, kepha akuphendulanga muntu. Yayisimbeka embongolweni yayo; wasuka lowo muntu, waya endaweni yakhe.

29Lapho esengenile endlini yakhe, wathatha umese, wabamba isancinza sakhe, wasihlahlela ithambo ngethambo, kwaba yizinqamu eziyishumi nambili, wasithuma emikhawulweni yonke yakwa-Israyeli.

30Kwathi bonke abakubonayo bathi: Akuzange kwenziwe okunjalo, akuzange kubonwe kusukela osukwini abantwana bakwa-Israyeli abakhuphuka ngalo ezweni laseGibithe kuze kube namuhla; zindlani ngalokho, nilulekane, nikhulume.

## AbAhluleli 20

### Abakwa-Israyeli balwa noBenjamini

1 Base bephuma bonke abantwana bakwa-Israyeli, inhlangano yahlangana njengomuntu munye, kusukela kwaDani kwaze kwaba seBeri Sheba kanye nezwe lakwaGileyadi kuJehova eMispa.

2Izinhloko zabantu bonke, izizwe zonke zakwa-Israyeli, zafika ebandleni labantu bakaNkulunkulu, abantu abayimigundatshani; abayizinkulungwane ezingamakhulu amane, abahlome inkemba.

3Abantwana bakwaBenjamini bezwa ukuthi abantwana bakwa-Israyeli babenyukele eMispa. Bathi abantwana bakwa-Israyeli: Sitsheleni ukuthi lobu bubi benziwa kanjani na?

4 UmLevi, umyeni wowesifazane owayebulewe, waphendula wathi: Ngafika eGibeya lakwaBenjamini, mina nesancinza sami, ukulala khona.

5 Abantu baseGibeya bangivukela, bahaqa indlu nxazonke zami ebusuku; bacabanga ukungibulala mina, nesancinza sami basona; sesifile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Ngase ngithatha isancinza sami, ngasihlahlela, ngasithuma ezweni lonke lefa
lakwa-Israyeli, ngokuba babesebenzile ukona nobuwula kwa-Israyeli.

7Bhekani nina bantwana bakwa-Israyeli, nina nonke; qondisani, niluleke
lapha.

8Bonke abantu bavuka njengomuntu munye, bathi: Asiyikuya, sisho namunye
etendeni lakhe; asiyikuphambukela sisho namunye endlini yakhe.

9Kepha nakhu esiyakukwenza eGibeya: Siyakulihlasela ngenkatho,

10sithathe abantu abayishumi ekhulwini kuzo zonke izizwe zakwa-Israyeli,
nabayikhulu enkulungwaneni, nabayinkulungwane ezinkulungwaneni
eziyishumi, ukuba balande ukudla kwabantu, nalapho sebefike eGibeya
lakwaBenjamini benze ngokobuwula ababenzile kwa-Israyeli.

11Abantu bonke bakwa-Israyeli babehlanganyele umuzi, bebumbene kungathi
ngumuntu munye.

12Izizwe zakwa-Israyeli zathuma abantu emindenini yonke yakwaBenjamini,
zathi: Ububi buni lobu obenziwe phakathi kwenu na?

13Ngalokho khiphani labo bantu, abantu ababi, abaseGibeya, ukuba
sibabulale, sixoshe ububi kwa-Israyeli. Kepha uBenjamini kavumanga
ukulalela izwi labafowabo, abantwana bakwa-Israyeli.

14Abantwana bakwaBenjamini babuthana eGibeya, bevela emizini, ukuba
baphume balwe nabantwana bakwa-Israyeli.

15Abantwana bakwaBenjamini abavela emizini babalwa ngalolo suku baba
ngamadoda ayizinkulungwane ezingamashumi amabili nesithupha ahlome
inkemba ngaphandle kwabakhileyo eGibeya ababalwa baba ngamakhulu
ayisikhombisa, amadoda akhethiweyo.

16Phakathi kwabo bonke labo bantu kwakukhona amadoda angamakhulu
ayisikhombisa akhethiweyo angamanxele; onke ayekwazi ukuphonsa amatshe
ngisho nasonweleni, engageji.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Abantu bakwa-Israyeli ngaphandle kukaBenjamini babalwa baba yizinkulungwane ezingamakhulu amane, amadoda ahlome inkemba; bonke labo babe ngamadoda empi.

18 Abantwana bakwa-Israyeli bavuka, bakhuphukela eBethele, babuza kuNkulunkulu, bathi: Ngubani oyakusikhuphukelela kuqala ukulwa nabantwana bakwaBenjamini na? UJehova wathi: NguJuda kuqala.

19Abantwana bakwa-Israyeli bavuka ekuseni, bamisa malungana neGibeya.

20Abantu bakwa-Israyeli baphuma ukuba balwe noBenjamini; abantu bakwa-Israyeli bazihlelela ukulwa nabo eGibeya.

21Abantwana bakwaBenjamini baphuma eGibeya, babulala kwabakwa-Israyeli ngalolo suku amadoda ayizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili.

22Abantu, amadoda akwa-Israyeli, baziqinisa, babuye bahlela impi endaweni abazihlela kuyo ngosuku lokuqala.

23 Abantwana bakwa-Israyeli bakhuphuka, bakhala phambi kukaNkulunkulu kwaze kwahlwa; babuza kuJehova, bathi: Siyakuphinda sisondele ukulwa nabantwana bakwaBenjamini umfowethu na? UJehova wathi: Yenyukelani kuye.

24Abantwana bakwa-Israyeli basondela kubantwana bakwaBenjamini ngosuku lwesibili.

25UBenjamini waphuma eGibeya ukuhlangabezana nabo ngosuku lwesibili, wabuye wabulala kubantwana bakwa-Israyeli amadoda ayizinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili; bonke labo babehlome inkemba.

26 Base bekhuphuka bonke abantwana bakwa-Israyeli, abantu bonke, bafika eBethele, bakhala, bahlala khona phambi kukaJehova, bazila ukudla ngalolo suku kwaze kwahlwa; banikela ngeminikelo yokushiswa nangeminikelo yokuthula phambi kukaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Abantwana bakwa-Israyeli babuza kuJehova ngokuba umphongolo wesivumelwano sikaNkulunkulu wawulapho ngalezo zinsuku;

28 uFinehasi indodana ka-Eleyazare ka-Aroni wema phambi kwawo ngalezo zinsuku bathi: Siyakuphinda siphume ukuba silwe nabantwana bakwaBenjamini umfowethu, nokuba siyeke na? UJehova wathi: Khuphukani, ngokuba kusasa ngiyakubanikela esandleni sakho.

29 U-Israyeli wabeka abaqamekeli kulo iGibeya nxazonke.

30Abantwana bakwa-Israyeli bakhuphuka ukulwa nabantwana bakwaBenjamini ngosuku lwesithathu, bazihlelela ukulwa neGibeya njengakwezinye izikhathi.

31Abantwana bakwaBenjamini baphuma ukulwa nabantu, badonswa, baphuma emzini; baqala ukubulala nokuceka abantu njengakwezinye izikhathi emendweni, omunye okhuphukela eBethele, omunye oya eGibeya ensimini, kungathi amadoda angamashumi amathathu kwa-Israyeli.

32Abantwana bakwaBenjamini bathi: Babulewe phambi kwethu njengakuqala. Kepha abantwana bakwa-Israyeli bathi: Masibaleke, sibadonse, baphume emzini, baye emendweni.

33Bonke abantu bakwa-Israyeli basuka endaweni yabo, bazihlela eBali Tamari; abaqamekeli bakwa-Israyeli bavumbuluka endaweni yabo eMare Geba.

34Kweza malungana neGibeya abantu abayizinkulungwane eziyishumi abakhethiweyo kuye wonke u-Israyeli; ukulwa kwakunzima, kepha babengazi ukuthi ingozi isifikile kubo.

35UJehova wanqoba uBenjamini phambi kuka-Israyeli; abantwana bakwa-Israyeli babulala ngalolo suku kwaBenjamini abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu nekhulu; bonke labo babehlome inkemba.

36 Base bebona abantwana bakwaBenjamini ukuthi banqotshiwe; abantu bakwa-Israyeli bamdela uBenjamini lokhu bebebethemba abaqamekeli ababebabekile ngaseGibeya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37Abaqamekeli bashesha badumela eGibeya; abaqamekeli basuka bachitha
umuzi wonke ngosiko lwenkemba.

38Isiboniso esinqunyiweyo phakathi kwabantu bakwa-Israyeli nabaqamekeli
sasiyilesi sokuba bathunqise umusi omkhulu wenyuke emzini.

39Abantu bakwa-Israyeli babuyela emuva empini; uBenjamini wayeseqalile
ukubulala nokuceka kubantu bakwa-Israyeli kungathi abantu
abangamashumi amathathu, ngokuba bathi: Impela babulewe phambi kwethu
njengasekulweni kwakuqala.

40Kepha lapho sekuqale ukuthunqa insika yomusi emzini, abakwaBenjamini
babheka emuva, nanko umuzi wonke uthunqela ngasezulwini.

41Base bephenduka abantu bakwa-Israyeli, nabantu bakwaBenjamini
bashaywa luvalo, ngokuba babona ukuthi behlelwe ngububi.

42Ngalokho bafulathela phambi kwabantu bakwa-Israyeli, bahamba ngendlela
yasehlane, kepha ukulwa kwabalandela; abaphuma emizini bababulala
phakathi kwayo.

43Babahaqa abakwaBenjamini nxazonke, babaxosha, babanyathela phansi
endaweni yabo yokuphumula, baze bafika malungana neGibeya
ngasempumalanga.

44Kwawa abantu bakwaBenjamini abayizinkulungwane eziyishumi
nesishiyagalombili; bonke labo babe ngamaqhawe.

45Baphenduka babalekela ehlane edwaleni lakwaRimoni; bakhothoza kubo
emendweni abantu abayizinkulungwane eziyisihlanu, babaxosha kwaze
kwabaseGideyomu, babulala kubo abantu abayizinkulungwane ezimbili.

46Bonke abawa ngalolo suku kwaBenjamini babe ngabantu
abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu abahlome inkemba;
bonke labo babe ngamaqhawe.

47Kepha abantu abangamakhulu ayisithupha baphenduka, babalekela ehlane
edwaleni lakwaRimoni, bahlala edwaleni lakwaRimoni izinyanga ezine.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

48Abantu bakwa-Israyeli babuyela kubantwana bakwaBenjamini, bababulala
ngosiko lwenkemba ababesaphila emzini, nezinkomo, yebo, konke
okwafunyaniswayo; futhi yonke imizi abayifumanisayo bayithungela
ngomlilo.

## AbAhluleli 21

### Isizwe sakwaBenjamini sibuye simiswe

1Abantu bakwa-Israyeli babefungile eMispa, bethi: Akuyikubakho muntu
oyakunika owakwaBenjamini indodakazi yakhe ibe ngumkakhe.

2 Abantu base befika eBethele, bahlala khona kwaze kwahlwa phambi
kukaNkulunkulu, baphakamisa izwi labo, bakhala kakhulu.

3Bathi: Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, lokhu kwenzelweni kwa-Israyeli
ukuba kusilale namuhla esinye isizwe sakwa-Israyeli na?

4Kwathi ngakusasa abantu bavuka ekuseni, bakha khona i-altare, banikela
ngeminikelo yokushiswa neminikelo yokuthula.

5Abantwana bakwa-Israyeli bathi: Yisiphi phakathi kwazo zonke izizwe
zakwa-Israyeli esingakhuphukelanga ebandleni kuJehova na? Ngokuba
bebefungile isifungo esikhulu ngaye ongakhuphukeli kuJehova eMispa ukuthi
wobulawa nokubulawa.

6Abantwana bakwa-Israyeli bamhawukela uBenjamini umfowabo, bathi:
Kunqunyiwe namuhla esinye isizwe kwa-Israyeli.

7Siyakwenze njani ukuba abaseleyo babe nabafazi, lokhu sifungile uJehova
ukuthi asiyikubanika amadodakazi ethu abe ngomkabo, na?

8 Bathi: Yisiphi kuzo izizwe zakwa-Israyeli esingakhuphukelanga kuJehova
eMispa na? Bheka, akufikanga muntu ekamu ovela eJabeshi Gileyadi ukuya
ebandleni.

9Sebebalwa abantu; bheka, kwakungekho muntu kwababakhile eJabeshi
Gileyadi lapho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Inhlangano yathuma khona abantu abayizinkulungwane eziyishumi nambili abangamaqhawe amakhulu, yabayala yathi: Hambani nibabulale abakhe eJabeshi Gileyadi ngosiko lwenkemba kanye nabesifazane nezingane.

11 Yilokhu eniyakukwenza: Niyakuchitha nokuchitha bonke abesilisa nabo bonke abesifazane abake balala nendoda.

12 Bafumana phakathi kwabakhileyo eJabeshi Gileyadi izintombi ezintsha ezingamakhulu amane ezingazanga ndoda ngokulala nayo; baziyisa ekamu eShilo elisezweni laseKhanani.

13 Yonke inhlangano yathuma yakhuluma kubantwana bakwaBenjamini ababesedwaleni lakwaRimoni, yamemezela ukuthula kubo.

14 UBenjamini wabuya ngaleso sikhathi; babanika abesifazane ababebasindisile kwabesifazane baseJabeshi Gileyadi; kepha ababanelanga.

15 Abantu bamhawukela uBenjamini, ngokuba uJehova wayenze ukwahlukana ezizweni zakwa-Israyeli.

16 Amalunga enhlangano ayesethi: Siyakwenze njani ukuba abaseleyo babe nabafazi, lokhu abesifazane bechithiwe kwaBenjamini, na?

17 Athi: Nga liba khona ifa lababaphunyukileyo bakwaBenjamini, ukuze kungesulwa sizwe kwa-Israyeli.

18 Kepha asinakubanika nokho amadodakazi ethu abe ngomkabo, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli babefungile bethi: Makaqalekiswe onika owakwaBenjamini umfazi.

19 Athi: Bheka, kukhona umkhosi kaJehova iminyaka ngeminyaka eShilo elingasenyakatho kwaseBethele ngasempumalanga komendo okhuphuka eBethele uya eShekemi nangaseningizimu kwaseLebona.

20 Abayala abantwana bakwaBenjamini, athi: Hambani niqamekele ezivinini,

21 nibone: bhekani, uma amadodakazi aseShilo ephuma ukusina lapho kusinwa khona, anophuma ezivinini, nizibambele, kube yilowo nalowo umkakhe kuwo amadodakazi aseShilo, niye ezweni lakwaBenjamini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

22Kuyakuthi lapho oyise noma abanewabo befika ukuphikisana nathi, sithi kubo: Sinikeni wona ngomusa, ngokuba asithathanga, kwaba yilowo nalowo umkakhe empini, futhi anibanikanga wona; khona ngabe nitholile icala.

23Abantwana bakwaBenjamini benze njalo, bazithathela abafazi njengenani labo kwabasinayo, ababaqhwagayo; bahamba, babuyela efeni labo, bakha imizi, bahlala kuyo.

24Abantwana bakwa-Israyeli bamuka khona ngaleso sikhathi, yilowo nalowo waya esizweni sakhe nasemndenini wakhe, baphuma lapho, yilowo nalowo waya efeni lakhe.

25 Ngalezo zinsuku kwakungekho nkosi kwa-Israyeli; yilowo nalowo wenza okulungile emehlweni akhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# URuthe

## URuthe 1

### U-Elimeleki nomkakhe. URuthe

1Kwathi emihleni abahlulela ngayo abahluleli kwaba khona indlala ezweni. Umuntu othile waseBetlehema Juda waya ukuyohlala ezweni lakwaMowabi, yena nomkakhe, namadodana akhe amabili.

2 Igama lalowo muntu lalingu-Elimeleki, igama lomkakhe lalinguNawomi, amagama amadodana akhe amabili ayengoMahaloni noKiliyoni; babe ngama-Efratha aseBetlehema Juda. Bafika ezweni lakwaMowabi, bahlala khona.

3U-Elimeleki umyeni kaNawomi wafa; kepha yena wasala namadodana akhe amabili.

4Azithathela abafazi kwabesifazane bakwaMowabi; igama lomunye lalingu-Orpa, igama lomunye lalinguRuthe; bahlala khona kwangathi iminyaka eyishumi.

5OMahaloni noKiliyoni bafa bobabili; owesifazane washiywa-ke ngabantwana bakhe ababili nangumyeni wakhe.

6Wayesesuka nawomalokazana bakhe ukuba abuye ezweni lakwaMowabi, ngokuba wayezwile ezweni lakwaMowabi ukuthi uJehova uhambele abantu bakhe ukuba abaphe ukudla.

7Waphuma endaweni lapho wayekhona, omalokazana bakhe benaye; bahamba ngendlela yokubuyela ezweni lakwaJuda.

8UNawomi wathi komalokazana bakhe ababili: Hambani nibuyele, kube yilowo nalowo endlini kanina; uJehova makanenzele umusa, njengalokho nanenza kwabafileyo nakimi.

9UJehova makaninike ukuba nifumane ukuphumula, kube yilowo nalowo endlini yomyeni wakhe. Wayesebanga, badazuluka, bakhala.

10Bathi kuye: Hhayi! Kepha sobuyela nawe kubantu bakini!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Wayesethi uNawomi: Buyani, madodakazi ami; nohambelani nami na?
Ngisenamadodana ezibilinini zami ukuba abe ngabayeni benu na?

12 Buyani, madodakazi ami, nihambe, ngokuba sengimdala ukuba ngibe
nomyeni. Noma ngangithi nginethemba, noma ngingaba nendoda kulobu
busuku, ngizale amadodana,

13 beningawahlalela aze abe ngakhulileyo na? Beniyakuzivimbela ningabi
namadoda na? Hhayi, madodakazi ami, kumunyu kimi ngenxa yenu, ngokuba
isandla sikaJehova siphumele kimi.

14 Badazuluka, baphinda bakhala; u-Orpa wamanga uninazala, kepha uRuthe
wanamathela kuye.

15 Wathi: Bheka, umnakwenu usebuyele kwabakubo nakunkulunkulu wakhe;
buya nawe, umlandele umnakwenu.

16 Kepha uRuthe wathi: Ungangincengi ukuba ngikushiye, ngibuye,
ngingakulandeli, ngokuba lapho uya khona, ngiyakuya khona nami, nalapho
uhlala khona, ngiyakuhlala khona nami; abantu bakho bayakuba ngabantu
bami, uNkulunkulu wakho abe nguNkulunkulu wami.

17 Lapho ufela khona, ngiyakufela khona nami, ngimbelwe khona; uJehova
akenze njalo kimi, enezele futhi, ngokuba ngukufa kuphela
okuyakusahlukanisa.

18 Esebonile ukuthi uzimisele ukuhamba naye, wayeka ukukhuluma kuye.

19 Base behamba bobabili baze bafika eBetlehema. Kwathi sebefikile
eBetlehema, wonke umuzi wanyakaziswa, bathi: Lo unguNawomi na?

20 Wathi kubo: Ningangibizi ngokuthi uNawomi; ngibizeni ngokuthi uMara,
ngokuba uSomandla ungiphathe ngomunyu omkhulu.

21 Ngahamba ngigcwele, uJehova ungibuyise ngize; ningibizelani ngokuthi
uNawomi, lokhu uJehova efakazile ngami, uSomandla engenzele okubi, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

22Wabuya-ke uNawomi kanye noRuthe wakwaMowabi umalokazana wakhe
owabuya ezweni lakwaMowabi, bafika eBetlehema ekuqaleni kokuvunwa
kwebhali.

## URuthe 2

### URuthe ukhothoza ensimini kaBowazi

1 UNawomi wayenesihlobo somyeni wakhe, umuntu ocebileyo, owomndeni
ka-Elimeleki, igama lakhe linguBowazi.

2 URuthe wakwaMowabi wathi kuNawomi: Mangihambe, ngiye ensimini,
ngikhothoze ezikhwetshini emva kwalowo engiyakufumana umusa
emehlweni akhe. Wathi kuye: Hamba, ndodakazi yami.

3Wahamba, waya wakhothoza ensimini emva kwabavuni; kwase kwenzeka
ukuba afike esiqeshini sensimu sikaBowazi womndeni ka-Elimeleki.

4Bheka, uBowazi wafika evela eBetlehema, wathi kwabavunayo: UJehova
makabe nani. Bathi kuye: UJehova makakubusise.

5Wayesethi uBowazi encekwini yakhe eyayibekwe phezu kwabavuni:
Ngekabani le ntombazana na?

6Inceku eyayibekwe phezu kwabavuni yaphendula yathi: Kuyintombazana
yakwaMowabi ebuye noNawomi ezweni lakwaMowabi;

7ithe: Ake ngikhothoze, ngibuthe ezithungwini emva kwabavuni. Selokhu
ifikile, iqhubekile kusukela ekuseni kuze kube manje, ihlale kancane endlini
kuphela.

8UBowazi wayesethi kuRuthe: Angithi uyezwa, ndodakazi yami? Ungayi
ukukhothoza kwenye insimu, futhi ungasuki lapha, kepha namathela kuwo
amantombazana ami lapha.

9Amehlo akho mawabe sensimini ayivunayo, uwalandele; angithi ngiyalile
abafana ukuba bangakuthinti na? Nxa womile, yana ezitsheni, uphuze lokho
abakukhileyo abafana.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Wayesewa ngobuso bakhe, wakhothamela emhlabathini, wathi kuye:
Ngifumaneleni umusa emehlweni akho ukuba unginake, lokhu
ngingowezizwe, na?

11UBowazi waphendula, wathi kuye: Kubikiwe kimi konke omenzele khona
unyokozala selokhu afa umyeni wakho nokuthi ushiyile uyihlo nonyoko
nezwe lokuzalwa kwakho, weza kubantu ongabazanga ngaphambili.

12 UJehova makakuvuze ngomsebenzi wakho, uphiwe umvuzo opheleleyo
nguJehova uNkulunkulu ka-Israyeli oze ukuba uphephele phansi
kwamaphiko akhe.

13Wathi: Mangifumane umusa emehlweni akho, nkosi, ngokuba ungiduduzile
nangokuba ukhulume kahle kuyo incekukazi yakho, noma ngingenjengenye
yezincekukazi zakho.

14Ngesikhathi sokudla uBowazi wathi kuye: Woza lapha, udle isinkwa,
ugcobhoze ucezu lwakho kuviniga. Wahlala eceleni kwabavuni, wamnika
utshwele, wadla wasutha, washiya phansi.

15Esesukile ekukhothozeni uBowazi wayala abafana bakhe, wathi:
Makakhothoze nasezithungwini, ningamkhathazi.

16Anoke nimkhiphele nokuthile ezithungwini, nikushiye ukuba akukhothoze,
ningamsoli.

17Wakhothoza-ke ensimini kwaze kwahlwa; wakubhula lokho
abekukhothozile, kwakungathi i-efa lebhali.

18Wakuthatha, wangena emzini; uninazala wabona lokho abekukhothozile;
wakhipha, wamnika lokho akushiyile esesuthile.

19Uninazala wathi kuye: Ukhothozephi namuhla na? Usebenzephi?
Makabusiswe lowo okunakileyo. Wamtshela uninazala ukuthi ubesebenza
kubani, wathi: Igama lomuntu engisebenzile kuye namuhla linguBowazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 UNawomi wathi kumalokazana wakhe: Makabusiswe nguJehova ongayekanga umusa wakhe kwabaphilileyo nakwabafileyo. UNawomi wathi kuye: Lowo muntu uyisihlobo sethu, ungowabahlengi bethu.

21 URuthe wakwaMowabi wathi: Yebo, wathi kimi: Wonamathela kubafana bami, baze baqede konke ukuvuna kwami.

22 UNawomi wayesethi kuRuthe umalokazana wakhe: Kuhle, ndodakazi yami, ukuba uphume namantombazana akhe, ungafikelwa kwenye insimu.

23 Wayesenamathela-ke kuwo amantombazana kaBowazi ukukhothoza kwaze kwaba sekugcineni kokuvunwa kwebhali nokukakolweni; wahlala-ke noninazala.

## URuthe 3

### URuthe engasezinyaweni zikaBowazi

1 UNawomi uninazala wathi kuye: Ndodakazi yami, angiyikukufunela ukuphumula ukuba kube kuhle kuwe na?

2 Angithi uBowazi owawunamantombazana akhe uyisihlobo sethu na? Bheka, uyela ibhali kusihlwa esibuyeni.

3 Ngakho-ke geza, ugcobe, ugqoke isambatho sakho, wehlele esibuyeni, kepha ungazazisi kulowo muntu, aze aqede ukudla nokuphuza.

4 Kuyakuthi nxa eselala, uqaphele indawo ayakulala kuyo, ungene, wambule izinyawo zakhe, ulale; uyakukutshela lokhu oyakukwenza.

5 Wathi kuye: Konke okushoyo ngiyakukwenza.

6 Wehlela esibuyeni, wenza njengakho konke amyale ngakho uninazala.

7 UBowazi wadla waphuza, inhliziyo yakhe yathokoza, waya ukulala ngasekugcineni kwenqwaba yamabele; wafika kahle, wambula izinyawo zakhe, walala.

8 Kwathi phakathi kwamabili yethuka leyo ndoda, yaphenduka; bheka, kwakulele owesifazane ngasezinyaweni zayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

9 Yathi: Ungubani? Wathi: NginguRuthe incekukazi yakho; yembesa incekukazi yakho umphetho wengubo yakho, ngokuba ungumhlengi.

10 Yathi: Mawubusiswe nguJehova, ndodakazi yami; ubonakalisile umusa ekugcineni kakhulu kunasekuqaleni, ngokuba awulandelanga izinsizwa, noma zimpofu noma zicebile.

11 Manje, ndodakazi yami, ungesabi; ngiyakukwenzela konke okushoyo, ngokuba wonke umuzi wabantu bakithi uyazi ukuthi ungowesifazane olungileyo.

12 Yebo, kuqinisile ukuthi ngingumhlengi, kepha kukhona umhlengi omkhulu kunami.

13 Hlala lobu busuku; kuyakuthi ekuseni, uma ekuhlenga, kulungile, makakuhlenge; kepha uma engathandi ukukuhlenga, mina ngiyakukuhlenga, kuphila kukaJehova; lala kuze kuse.

14 Walala ngasezinyaweni zakhe kwaze kwasa, wavuka bengakazani. Ngokuba yathi: Makungaziwa ukuthi owesifazane wafika esibuyeni.

15 Yayisithi: Letha ingubo ephezu kwakho, uyibambe. Wayibamba, yalinganisa kasithupha ibhali, yamthwesa lona, wangena emzini.

16 Wafika kuninazala; wathi yena: Ungubani, ndodakazi yami? Wamtshela konke leyo ndoda ebimenzele khona.

17 Wathi: Ingiphile lezi zilinganiso eziyisithupha zebhali, ngokuba yathi kimi: Ungayi kunyokozala ungaphethe lutho.

18 Wathi: Hlala, ndodakazi yami, uze wazi ukuba le ndaba iyakuphethelaphi, ngokuba leyo ndoda ayiyikuphumula ingakaqedi indaba namuhla.

## URuthe 4

### UBowazi uyamthatha uRuthe abe ngumkakhe

1 UBowazi wenyukela esangweni, wahlala phansi khona; bheka, umhlengi akhuluma ngaye uBowazi, wadlula; wathi kuye: We wena sibanibani, phambuka, uhlale lapha. Waphambuka, wahlala phansi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Wathatha amadoda ayishumi kuwo amalunga omuzi, wathi: Hlalani phansi
lapha. Ahlala.

3Wayesethi kuye umhlengi: UNawomi obuyile ezweni lakwaMowabi
uyathengisa ngesiqephu sezwe esasingesika-Elimeleki;

4bengithi ngiyakukwambulela kuwe, ngithi: Lithenge phambi kwabahleziyo
lapha naphambi kwamalunga abantu bakithi; uma ulithenga, lihlenge; kepha
uma ungalithengi, ngitshele ukuba ngazi, ngokuba akakho ongalihlenga
ngaphandle kwakho, mina ngisemva kwakho. Wayesethi: Ngiyakulihlenga.

5Wathi uBowazi: Msukwana ulithenga izwe esandleni sikaNawomi, ulithenga
nakuRuthe wakwaMowabi umkamufi ukuba ulivuse igama lofileyo efeni
lakhe.

6Umhlengi wathi: Anginakuzihlengela lona, funa ngone ifa lami; zihlengele
wena, ngokuba anginakukuhlenga.

7Lokhu kwakunje ngokuhlenga nokwenana endulo kwa-Israyeli ukuba
kuqiniswe izindaba zonke: umuntu wakhumula isicathulo sakhe, wasinika
umakhelwane wakhe; lokho kwakungubufakazi kwa-Israyeli.

8Umhlengi wayesethi kuBowazi: Zithengele. Wakhumula isicathulo sakhe.

9UBowazi wayesethi kumalunga nakubantu bonke: Ningofakazi namuhla
ukuthi ngithengile konke okwakungokuka-Elimeleki, nakho konke
okwakungokukaKiliyoni nokukaMahaloni esandleni sikaNawomi.

10NoRuthe wakwaMowabi umkaMahaloni ngimthengile abe ngumkami
ukuvusa igama lofileyo efeni lakhe ukuba igama lofileyo linganqunywa
phakathi kwabafowabo nasesangweni lendawo yakhe; nina ningofakazi
namuhla.

11 Bonke abantu ababesesangweni namalunga bathi: Singofakazi; uJehova
makenze lowo wesifazane ongene endlini yakho abe njengoRaheli noLeya
abakha bobabili indlu yakwa-Israyeli, ucebe e-Efratha, ube nodumo
eBetlehema;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 indlu yakho mayibe njengendlu kaPheresi uTamari amzalela uJuda ngenzalo uJehova ayakukunika yona ngale ntombazana.

13 UBowazi wayesemthatha uRuthe, waba ngumkakhe; wangena kuye; uJehova wamnika ukuba akhulelwe; wazala indodana.

14 Abesifazane bathi kuNawomi: Makabusiswe uJehova ongakushiyanga namuhla ungenamhlengi; igama lakhe malidume kwa-Israyeli.

15 Uyakuba ngumbuyisi wokuphila kuwe, nomondli ebudaleni bakho, ngokuba umalokazana wakho okuthandayo, omuhle kuwe kunamadodana ayisikhombisa umzele.

16 UNawomi wamthatha umntwana, wamgona esifubeni sakhe, waba ngumzanyana wakhe.

17 Abesifazane abakhelene naye bametha igama, bathi: Kuzelwe indodana kuNawomi. Baqamba igama lakhe ngokuthi u-Obede; yena unguyise kaJese, uyise kaDavide.

### URuthe ukhokho kaDavide

18 Nazi izizukulwane zikaPheresi: uPheresi wazala uHesironi;

19 uHesironi wazala uRamu; uRamu wazala u-Aminadaba;

20 u-Aminadaba wazala uNaheshoni; uNaheshoni wazala uSalimoni;

21 uSalimoni wazala uBowazi; uBowazi wazala u-Obede;

22 u-Obede wazala uJese; uJese wazala uDavide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# 1 uSamuweli

## 1 uSamuweli 1

### Ukuzalwa kukaSamuweli

1 Kwakukhona umuntu waseRamatayimi Sofimu lasezintabeni zakwa-Efrayimi ogama lakhe lalingu-Elkana indodana kaJerohamu ka-Elihu kaTholu kaSufi wakwa-Efrayimi;

2wayenabafazi ababili, igama lomunye lalinguHana, igama lomunye lalinguPhenina; uPhenina wayenabantwana, kepha uHana wayengenabantwana.

3 Lowo muntu wenyuka emzini wakhe iminyaka ngeminyaka ukukhonza nokuhlabela uJehova Sebawoti eShilo. Kwakukhona lapho amadodana amabili ka-Eli, oHofini noFinehasi, bengabapristi bakaJehova.

4 Kwathi ngosuku u-Elkana ahlaba ngalo, wanika uPhenina umkakhe nawo onke amadodana akhe namadodakazi akhe izabelo;

5kepha wanika uHana isabelo siphindwa kabili, ngokuba wayemthanda uHana, kepha uJehova wayesivalile isizalo sakhe.

6Isitha sakhe samncokoloza kakhulu ukuba amthukuthelise, ngokuba uJehova wayesivalile isizalo sakhe.

7Kwathi ukuba u-Elkana enze njalo iminyaka ngeminyaka, lapho enyukela endlini kaJehova, wamncokoloza kanjalo; ngalokho wakhala, akadlanga lutho.

8Wayesethi u-Elkana umyeni wakhe kuye: Hana, ukhalelani na? Awudli ngani? Inhliziyo yakho idabukeleni na? Angidluli yini amadodana ayishumi kuwe na?

9UHana wasukuma, nxa sebedlile eShilo, bephuzile. U-Eli umpristi wayehlezi esihlalweni sakhe ngasensikeni yomnyango wethempeli likaJehova.

10Umphefumulo wakhe wawunomunyu, wakhuleka kuJehova, wakhala kakhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Wenza isithembiso, wathi: Jehova Sebawoti, ubheke nokubheka
ukuhlupheka kwencekukazi yakho, ungikhumbule, ungakhohlwa incekukazi
yakho, unike incekukazi yakho umntwana wesilisa, bese ngimnika uJehova
zonke izinsuku zokuhamba kwakhe, kungathinti mpuco ekhanda lakhe.

12Kwathi esaqhubeka ukukhuleka phambi kukaJehova, u-Eli waqaphela
umlomo wakhe.

13UHana wayekhuluma enhliziyweni yakhe, kwabikizela izindebe zakhe
zomlomo kuphela, kepha izwi lakhe lalingezwakali; ngalokho u-Eli
wacabanga ukuthi udakiwe.

14U-Eli wathi kuye: Uyakudakwa kuze kube nini na? Susa iwayini lakho
kuwe.

15 UHana waphendula wathi: Hhayi, nkosi, ngingowesifazane ohluphekileyo;
angiphuzanga iwayini naphuzo olunamandla, kepha bengithulula
umphefumulo wami phambi kukaJehova.

16Ungasho ukuthi incekukazi yakho ingowesifazane omubi, ngokuba
kungobuningi bosizi lwami nangokuncokolozwa kwami ngikhulumile kuze
kube manje.

17Wayesephendula u-Eli ethi: Hamba ngokuthula; uNkulunkulu wakwa-
Israyeli makakunike okucelileyo kuye.

18Wathi: Incekukazi yakho mayifumane umusa emehlweni akho. Owesifazane
wayesehamba, wadla, ubuso bakhe ababe busanyukumala.

19Bavuka ekuseni kakhulu, bakhuleka phambi kukaJehova, babuya, bafika
endlini yabo eRama; u-Elkana wamazi uHana umkakhe, uJehova
wamkhumbula.

20Kwathi sesiphelele isikhathi, uHana wakhulelwa, wazala indodana,
waqamba igama layo ngokuthi uSamuweli, ethi: Ngimcelile kuJehova.

21Lowo muntu u-Elkana wenyuka kanye nendlu yakhe ukuyonikela kuJehova
umhlatshelo weminyaka nesithembiso sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

22Kepha uHana akenyukanga, ngokuba wathi kumyeni wakhe: Hhayi aze alunyulwe umntwana; khona ngiyakumyisa ukuba abonakale phambi kukaJehova, ahlale khona njalo.

23Wayesethi u-Elkana umyeni wakhe kuye: Yenza okuhle emehlweni akho; hlala uze umlumule; uJehova makaqinise izwi lakhe kuphela. Owesifazane wayesehlala, wancelisa indodana yakhe waze wayilumula.

24Eseyilumulile wenyuka nayo enezinkunzi ezintathu, ne-efa lempuphu, nemvaba yewayini, wakuyisa endlini kaJehova eShilo; umntwana wayesemncane.

25Bahlaba inkunzi, bamyisa umntwana ku-Eli.

26Wathi: E nkosi, kuphila komphefumulo wakho, nkosi yami, ngingowesifazane owayemi kuwe lapha, ekhuleka kuJehova.

27Ngamkhulekela lo mntwana; uJehova unginikile lokho engakucela kuye;

28ngalokho nami ngimnikele kuJehova; zonke izinsuku zokuphila kwakhe unikelwe kuJehova. Bakhuleka kuJehova khona.

## 1 uSamuweli 2

### Indumiso kaHana

1 UHana wakhuleka wathi: Inhliziyo yami iyethaba kuJehova, uphondo lwami luphakeme kuJehova; umlomo wami ukhamisile phezu kwezitha zami, ngokuba ngenama ngensindiso yakho.

2 Akakho ongcwele njengoJehova, ngokuba akakho noyedwa ngaphandle kwakho; futhi alikho idwala elinjengoNkulunkulu wethu.

3Ningabe nisakhuluma ngokuzidla kangaka, kungaphumi ukuqhosha emlonyeni wenu, ngokuba uJehova unguNkulunkulu wokwazi; izenzo zilinganiswa nguye.

4 Iminsalo yamaqhawe yaphuliwe, kepha abakhubekayo babhinciswa amandla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Ababesuthile baqashelwa isinkwa; ababelambile sebeyekile ukulamba; yebo, oyinyumba uzele abayisikhombisa; onabantwana abaningi uyawuma.

6 UJehova uyabulala, abesephilisa; uyehlisela endaweni yabafileyo, abesenyusa.

7 UJehova uyaphofisa, abesecebisa; uyathobisa, abesephakamisa.

8 Uyamvusa ompofu othulini, uyaphakamisa impabanga ezaleni, abahlalise nezikhulu, badle ifa lesihlalo sobukhosi, ngokuba izinsika zomhlaba zingezikaJehova; ubekile izwe phezu kwazo.

9 Uyakugcina izinyawo zabathembekileyo bakhe, kepha ababi bayakuthuliswa ebumnyameni, ngokuba akukho muntu oyakwahlula ngamandla.

10 Abalwa noJehova bayakuphahlazwa; uyakuduma ezulwini phezu kwabo; uJehova uyakwahlulela amajukujuku omhlaba, anike inkosi yakhe amandla, aphakamise uphondo logcotshiweyo wakhe.

11 U-Elkana waya eRama endlini yakhe. Umntwana wakhonza uJehova phambi kuka-Eli umpristi.

**Ububi bamadodana ka-Eli**

12 Amadodana ka-Eli ayengabantu ababi; ayengamazi uJehova.

13 Kwakungumthetho wabapristi kubantu ukuba, nxa umuntu enikela ngomhlatshelo, kufike inceku yompristi inyama isabila, iphethe ngesandla ingwegwe emazinyo mathathu,

14 ihlabe ngayo emcengezini, noma esocweni, noma ebhodweni, noma ekhanzini; konke ekwenyusayo ingwegwe, umpristi wakuthatha. Benze njalo eShilo kubo bonke abakwa-Israyeli ababefika khona.

15 Yebo, bengakashisi amanoni, yafika inceku yompristi, yathi kumuntu ohlabayo: Letha inyama yokoselwa umpristi, ngokuba akayikuthatha kuwe inyama ephekiweyo kepha eluhlaza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Uma lowo muntu wathi kuye: Bayakushisa nokushisa amanoni kuqala,
besewuthatha njengokuthanda kwakho, yathi: Hhayi, woyiletha manje; uma
ungayilethi, ngiyakuyithatha ngamandla.

17Isono sezinsizwa sasisikhulu kakhulu phambi kukaJehova, ngokuba abantu
bawudelela umnikelo kaJehova.

18 USamuweli wakhonza phambi kukaJehova esengumntwana, egqoke ingubo
yamahlombe yelineni.

19Futhi unina wamenzela ijazana, waliyisa kuye iminyaka ngeminyaka
esenyuka nomyeni wakhe ukuyonikela ngomhlatshelo weminyaka yonke.

20U-Eli wabusisa u-Elkana nomkakhe, wathi: UJehova makakunike inzalo
ngalo wesifazane ngenxa yalokho uJehova atshelekwa khona. Base bebuyela
ekhaya.

21UJehova wamhambela uHana; wakhulelwa, wazala amadodana amathathu
namadodakazi amabili. Umntwana uSamuweli wakhula phambi kukaJehova.

22 U-Eli wayesemdala kakhulu, wezwa konke amadodana akhe akwenzayo
ku-Israyeli wonke, nokuthi ayelala nabesifazane ababekhonza ngasemnyango
wetende lokuhlangana.

23Wathi kuwo: Nenzelani izinto ezinjalo na? Ngokuba ngiyezwa imisebenzi
yenu emibi kubo bonke laba bantu.

24Hhayi, madodana ami, akusilo izwi elihle engilizwayo lenekwa ngabantu
bakaJehova.

25Uma umuntu ona kumuntu, uNkulunkulu uyakumahlulela, kepha uma
umuntu ona kuJehova, uyakulanyulelwa ngubani na? Kodwa awalalelanga
izwi likayise, ngokuba uJehova wayethanda ukuwabulala.

26 Umntwana uSamuweli waqhubeka wakhula, waba muhle kuJehova
nakubantu.

**Izwi lokwahlulela indlu ka-Eli**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[27]Kwafika umuntu kaNkulunkulu ku-Eli, wathi kuye: UJehova usho kanje, uthi: Angithi ngazibonakalisa kuyo indlu kayihlo, beseseGibithe besendlini kaFaro.

[28]Ngamkhetha kuzo zonke izizwe zakwa-Israyeli ukuba abe ngumpristi wami, anikele e-altare lami, ashise impepho, afake ingubo yamahlombe phambi kwami, nganika indlu kayihlo yonke iminikelo yomlilo yabantwana bakwa-Israyeli.

[29]Niwukhahlelelani umhlatshelo wami nomnikelo wami engiyale ngakho endlini yami, udumise amadodana akho phezu kwami, nizikhuluphalise ngeminikelo emihle kunayo yonke yakwa-Israyeli, abantu bami, na?

[30] Ngalokho uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli uthi: Ngasho nokusho ukuthi indlu yakho nendlu kayihlo yohamba phambi kwami kuze kube phakade. Kepha manje uJehova uthi: Makube kude nami, ngokuba abangidumisayo ngiyakubadumisa; abangidelelayo bayakweyiswa.

[31]Bheka, izinsuku ziyeza engiyakunquma ngazo ingalo yakho nengalo yendlu kayihlo ukuba kungabikho xhegu endlini yakho.

[32]Uyakubona ukuhlupheka kwendlu yami kukho konke okuhle ayakwenzelwa khona u-Israyeli; akuyikubakho xhegu endlini yakho kuze kube phakade.

[33]Kepha angiyikumnquma umuntu wakho e-altare lami ukuba aqede amehlo akho, abangele usizi umphefumulo wakho; yonke inzalo yendlu yakho iyakufa isebudodeni bayo.

[34] Lokhu kuyakuba yisiboniso kuwe esiyakwehlela amadodana akho amabili, oHofini noFinehasi; ngalusuku lunye bayakufa bobabili.

[35] Ngiyakuzivusela umpristi othembekileyo oyakwenza njengokusenhliziyweni yami nasengqondweni yami; ngiyakumakhela indlu eqinileyo; uyakuhamba phambi kogcotshiweyo wami kuze kube phakade.

[36]Kuyakuthi bonke abasele endlini yakho bafike bamkhothamele ngohlamvu lwesiliva neqebelengwane lesinkwa, bathi: Ake ungibeke kwesinye sezikhundla zompristi ukuba ngidle ucezu lwesinkwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## 1 uSamuweli 3

### UJehova uyazibonakalisa kuSamuweli

1 Umntwana uSamuweli wamkhonza uJehova phambi kuka-Eli. Izwi likaJehova lalingavamile ngalezo zinsuku; nombono wawuyivelakancane.

2 Kwathi ngaleso sikhathi u-Eli elele endaweni yakhe -- amehlo akhe ayeqale ukufiphala waze wangaba nakho ukubona --

3 isibani sikaNkulunkulu sasingakacimi, uSamuweli elele ethempelini likaJehova, lapho kwakukhona umphongolo kaNkulunkulu,

4 uJehova wambiza uSamuweli; wathi yena: Ngilapha.

5 Wagijimela ku-Eli, wathi: Ngilapha, njengokuba ungibizile. Wathi: Angikubizanga; buya ulale. Wahamba, walala.

6 UJehova waphinda wambiza uSamuweli. USamuweli wavuka, waya ku-Eli, wathi: Ngilapha, njengokuba ungibizile. Wathi: Angikubizanga, ndodana yami; buya ulale.

7 Kepha uSamuweli wayengakamazi uJehova, nezwi likaJehova lalingakambulelwa kuye.

8 UJehova wambiza uSamuweli ngokwesithathu. Wavuka, waya ku-Eli, wathi: Ngilapha, njengokuba ungibizile. U-Eli wayeseqonda ukuthi nguJehova ombizile umntwana.

9 U-Eli wathi kuSamuweli: Hamba, ulale; kuyakuthi uma ekubiza, usho ukuthi: Khuluma, Jehova, ngokuba inceku yakho iyezwa. Wayesehamba uSamuweli, walala endaweni yakhe.

10 UJehova wafika, wema, wambiza njengakwezinye izikhathi: Samuweli, Samuweli! USamuweli wathi: Khuluma, ngokuba inceku yakho iyezwa.

11 UJehova wathi kuSamuweli: Bheka, ngiyakwenza into kwa-Israyeli eziyakunkeneneza ngayo izindlebe zombili zabo bonke abayizwayo.

12 Ngalolo suku ngiyakumehlisela u-Eli konke engikukhulumile ngendlu yakhe, kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

13Ngokuba ngimtshelile ukuthi ngiyakwahlulela indlu yakhe kuze kube phakade ngobubi abaziyo, lokhu amadodana akhe ayezehlisela isiqalekiso, engawakhuzanga.

14 Ngalokho ngifungile ngendlu ka-Eli ukuthi ububi bendlu ka-Eli abuyikuhlangulwa ngomhlatshelo nangomnikelo kuze kube phakade.

15USamuweli walala kwaze kwasa, wavula iminyango yendlu kaJehova. USamuweli wesaba ukumtshela u-Eli umbono.

16U-Eli wayesembiza uSamuweli, wathi: Samuweli, ndodana yami! Wathi: Ngilapha.

17Wathi: Yintoni owayikhulumayo kuwe na? Ake ungayifihli kimi; uNkulunkulu makenze njalo kuwe, enezele futhi, uma ungifihlela izwi elilodwa lakho konke lokho owakukhuluma kuwe.

18USamuweli wayesemtshela konke, akamfihlelanga lutho. Wathi: NguJehova; makenze okuhle emehlweni akhe.

19 USamuweli wakhula; uJehova wayenaye; akawisanga phansi nelilodwa lamazwi akhe.

20 Wonke u-Israyeli kusukela kwaDani kuze kube seBeri Sheba wazi ukuthi uSamuweli uqinisiwe ukuba abe ngumprofethi kaJehova.

21UJehova waphinda wabonakala eShilo, ngokuba uJehova wazibonakalisa kuSamuweli eShilo ngezwi likaJehova.

## 1 uSamuweli 4

### AmaFilisti ayahlula u-Israyeli. Umphongolo uyathathwa. Amadodana ka-Eli ayabulawa

1 Izwi likaSamuweli lafika kuye wonke u-Israyeli. U-Israyeli waphuma ukulwa namaFilisti, wamisa ngase-Ebeni Ezeri; amaFilisti amisa e-Afeki.

2AmaFilisti azihlela ukuhlangana no-Israyeli; impi yaqhubeka, u-Israyeli wahlulwa phambi kwamaFilisti abulala empini ngasendle kungathi abantu abayizinkulungwane ezine.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Kwathi abantu bengena ekamu, amalunga akwa-Israyeli athi: UJehova usibulaleleni phambi kwamaFilisti na? Masithathe umphongolo wesivumelwano sikaJehova eShilo, siwulethe kithi, ufike phakathi kwethu, usisindise esandleni sezitha zethu.

4 Abantu base bethumela eShilo, bathatha khona umphongolo wesivumelwano sikaJehova Sebawoti ohlezi phezu kwamakherubi; amadodana amabili ka-Eli, oHofini noFinehasi, ayelapho nomphongolo wesivumelwano sikaNkulunkulu.

5 Kwathi umphongolo wesivumelwano sikaJehova ufika ekamu, wonke u-Israyeli wakhamuluka ngokukhamuluka okukhulu, kwaze kwaduma umhlaba.

6 AmaFilisti esezwa umsindo wokukhamuluka athi: Uthini umsindo walokhu kukhamuluka okukhulu ekamu lamaHeberu na? Aqonda ukuthi umphongolo kaJehova ufikile ekamu.

7 AmaFilisti esaba, ngokuba athi: UNkulunkulu ufikile ekamu. Athi-ke: Maye kithina! Ngokuba akuzange kube khona okunje ngaphambili.

8 Maye kithina! Ngubani oyakusophula esandleni salaba onkulunkulu abanamandla na? Yilaba onkulunkulu abashaya abaseGibithe ngazo zonke izifo ehlane.

9 Qinani nibe ngamadoda nina maFilisti ukuba ningabi yizigqila zamaHeberu, njengalokho ebeyizigqila zenu. Yibani ngamadoda, nilwe!

10 AmaFilisti alwa, u-Israyeli wachithwa, babaleka, kwaba yilowo nalowo etendeni lakhe; kwaba khona ukuceka okukhulu, ngokuba kwawa ku-Israyeli abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu aba yimigundatshani.

11 Umphongolo kaNkulunkulu wathathwa; amadodana omabili ka-Eli, oHofini noFinehasi, abulawa.

12 Kwaphuma umuntu wakwaBenjamini empini, wagijima waya eShilo ngalolo suku, izingubo zakhe ziklebhukile, enomhlabathi ekhanda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[13]Ekufikeni kwakhe, bheka, u-Eli wayehlezi esihlalweni sakhe ngaseceleni komgwaqo, ngokuba inhliziyo yakhe yayithuthumela ngomphongolo kaNkulunkulu. Esengenile emzini lowo muntu, wakubika, wakhala umuzi wonke.

[14]Lapho u-Eli ezwa umsindo wokukhala, wathi: Uthini umsindo walokhu kumemeza na? Lowo muntu washesha waya wamtshela u-Eli.

[15] U-Eli wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalombili; amehlo akhe ayequndekile, engenakubona.

[16]Lowo muntu wathi ku-Eli: Nginguye owaphuma empini, ngibaleke empini namuhla. Wathi: Bekunjani, ndodana yami, na?

[17]Owaletha umbiko waphendula wathi: U-Israyeli ubalekile phambi kwamaFilisti; kwakukhona ukubulawa okukhulu phakathi kwabantu; amadodana akho omabili oHofini noFinehasi afile, nomphongolo kaNkulunkulu uthathiwe.

### Ukufa kuka-Eli. U-Ikabodi

[18]Kwathi esaphatha umphongolo kaNkulunkulu, wawa nyovane esihlalweni sakhe ngaseceleni kwesango, kwaphuka intamo yakhe, wafa, ngokuba wayengumuntu omdala, esinda. Wayebahlulele abakwa-Israyeli iminyaka engamashumi amane.

[19]Umalokazana wakhe, umkaFinehasi, wayekhulelwe esezakubeletha; esezwile umbiko wokuthi umphongolo kaNkulunkulu uthathiwe nokuthi kufile uyisezala nomyeni wakhe, wakhonkobala, wabeletha, ngokuba wafikelwa yimihelo.

[20] Ngesikhathi sokufa kwakhe abesifazane ababemi kuye bathi kuye: Ungesabi, ngokuba ubelethe indodana. Kepha akaphendulanga, akakunakanga.

[21]Wamqamba umntwana ngokuthi u-Ikabodi, ethi: Inkazimulo isukile kwa-Israyeli, ngokuba umphongolo kaNkulunkulu uthathiwe, nangenxa kayisezala wakhe nomyeni wakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Wathi: Inkazimulo isukile kwa-Israyeli, ngokuba umphongolo kaNkulunkulu uthathiwe.

## 1 uSamuweli 5

### Umphongolo usendlini kaDagoni

1AmaFilisti athatha umphongolo kaNkulunkulu, awususa e-Ebeni Ezeri, awuyisa e-Ashidodi.

2 AmaFilisti awuthatha umphongolo kaNkulunkulu, awungenisa endlini kaDagoni, awubeka ngakuye uDagoni.

3Abase-Ashidodi sebevukile kusasa ekuseni, bheka, uDagoni wayewile phansi ngobuso phambi komphongolo kaJehova. Bamthatha uDagoni, bambuyisela endaweni yakhe.

4Sebevukile kusasa ekuseni, bheka, uDagoni wayewile phansi ngobuso phambi komphongolo kaJehova; ikhanda likaDagoni nezimpama zombili zezandla zakhe zazinqamukile zisembundwini; kwasala isidumbu sakhe kuphela.

5Ngalokho abapristi bakaDagoni nabo bonke abangena endlini kaDagoni abanyatheli embundwini kaDagoni e-Ashidodi kuze kube namuhla.

### AmaFilisti ayahlushwa yisandla sikaJehova

6Kepha isandla sikaJehova sasinzima phezu kwabase-Ashidodi, wabachitha, wababulala ngamathumba, i-Ashidodi nemikhawulo yalo.

7Abantu base-Ashidodi sebebona ukuthi kunjalo bathi: Umphongolo kaNkulunkulu ka-Israyeli awuyikuhlala kithi, ngokuba isandla sakhe silukhuni phezu kwethu naphezu kukaDagoni unkulunkulu wethu.

8Bathuma babuthela kubo onke amakhosi amaFilisti, bathi: Siyakwenzani ngomphongolo kaNkulunkulu ka-Israyeli na? Athi: Umphongolo kaNkulunkulu ka-Israyeli mawususelwe eGati. Bawususela umphongolo kaNkulunkulu ka-Israyeli khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Kwathi sebewususele khona, isandla sikaJehova sasiphezu kwalowo muzi ngokungquzula okukhulu, wabulala abantu bomuzi abancane nabakhulu; kwaqhamuka amathumba kubo.

10Base bethuma umphongolo kaNkulunkulu e-Ekroni. Kwathi ekufikeni komphongolo kaNkulunkulu e-Ekroni abase-Ekroni bakhala bathi: Balethile umphongolo kaNkulunkulu ka-Israyeli kithi ukuba usibulale thina nabantu bakithi.

11Bathuma babutha onke amakhosi amaFilisti, bathi: Wususeni umphongolo kaNkulunkulu ka-Israyeli, ubuyele endlini yawo, ukuba ungasibulali thina nabantu bakithi, ngokuba kwakukhona ukungquzuka okokufa emzini wonke; isandla sikaNkulunkulu sasinzima kakhulu khona.

12Abantu abangafanga bashaywa ngamathumba; ukukhala komuzi kwenyukela ezulwini.

## 1 uSamuweli 6

### Umphongolo kaJehova uyabuyiselwa ezweni lakwa-Israyeli

1Umphongolo kaJehova wawusezweni lamaFilisti izinyanga eziyisikhombisa.

2AmaFilisti abiza abapristi nababhuli, athi: Siyakwenze njani ngomphongolo kaJehova na? Saziseni ukuthi singawubuyisela kanjani endaweni yawo.

3Bathi: Uma nimukisa umphongolo kaNkulunkulu ka-Israyeli, ningawumukisi ze, kepha anobuyisela nokubuyisela kuye umnikelo wecala; khona niyakuphiliswa, kwazeke kini ukuthi isandla sakhe asisuswa ngani kini.

4Athi: Uyakuba yini umnikelo wecala esiyakuwubuyisela kuye na? Bathi: Amathumba ayisihlanu egolide namagundane ayisihlanu egolide njengomumo wamakhosi amaFilisti, ngokuba kuyisifo sinye esikubo bonke nakuwo amakhosi enu.

5 Niyakwenza imifanekiso yamathumba enu nemifanekiso yamagundane enu alonayo izwe, nimnike uNkulunkulu ka-Israyeli udumo; mhlawumbe uyakusenza lula isandla sakhe phezu kwenu, naphezu kwawonkulunkulu benu, naphezu kwezwe lakini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

6 Nenzeleni zibe lukhuni izinhliziyo zenu, njengalokho abaseGibithe noFaro bazenza lukhuni izinhliziyo zabo na? Lapho esebenzile phakathi kwabo, ababavumelanga yini ukuba bahambe na?

7 Manje thathani nilungise inqola entsha nezinkomo ezimbili ezincelisayo okungafikanga joka phezu kwazo, nizibophele izinkomo enqoleni, nibuyisele ekhaya amankonyane azo,

8 nithathe umphongolo kaJehova, niwubeke enqoleni, nifake impahla yegolide eniyibuyisela kuye ibe ngumnikelo wecala ebhokisini eliseceleni kwawo, niyimukise, ihambe.

9 Anobona, uma yenyuka ngendlela yasemkhawulweni wayo ukuya eBeti Shemeshi, nguye osenzele lobo bubi obukhulu; kepha uma kungenjalo, siyakwazi ukuthi akusiso isandla sakhe esisishayileyo; sehlelwa ingozi nje.

10 Abantu benze njalo; bathatha izinkomo ezimbili ezincelisayo, bazibophela enqoleni, bazivalela amankonyane azo ekhaya,

11 bawubeka umphongolo kaJehova enqoleni kanye nebhokisi lamagundane egolide nemifanekiso yamathumba abo.

12 Izinkomo zaqonda endleleni, zaya ngaseBeti Shemeshi, zahamba ngomendo, zihamba zikhala, zingaphambukeli ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo; amakhosi amaFilisti azilandela, aze afika emkhawulweni waseBeti Shemeshi.

13 AbaseBeti Shemeshi babevuna ukolweni esigodini, baphakamisa amehlo abo, bawubona umphongolo, bathokoza ukuwubona.

14 Inqola yangena ensimini kaJoshuwa waseBeti Shemeshi, yema khona, lapho kwakukhona itshe elikhulu; babanda inqola yaba yizinkuni, banikela ngezinkomo zaba ngumnikelo wokushiswa kuJehova.

15 AmaLevi ayethulile umphongolo kaJehova nebhokisi elalinawo, okwakukulo impahla yegolide, akubeka etsheni elikhulu; abantu baseBeti Shemeshi banikela ngeminikelo yokushiswa, bahlabela uJehova imihlatshelo ngalolo suku.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Amakhosi ayisihlanu amaFilisti esekubonile abuyela e-Ekroni ngalolo suku.

17 Lawa angamathumba egolide amaFilisti awabuyisa abe ngumnikelo wecala kuJehova: elinye ngele-Ashidodi, nelinye ngeleGaza, nelinye ngele-Ashikeloni, nelinye ngeleGati, nelinye ngele-Ekroni;

18 namagundane egolide ayenjengomumo wemizi yonke yamaFilisti yamakhosi ayisihlanu, imizi ebiyelweyo nemizana yasemaphandleni, okubufakazi bakho kuyitshe elikhulu abawubeka kulo umphongolo kaJehova, elikhona nanamuhla ensimini kaJoshuwa waseBeti Shemeshi.

19 Wabulala abantu baseBeti Shemeshi, ngokuba babebukile umphongolo kaJehova; wabulala kubantu amadoda angamashumi ayisikhombisa emadodeni ayizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu; abantu balila, ngokuba uJehova wabulala abantu ngokubulala okukhulu.

20 Abantu baseBeti Shemeshi base bethi: Ngubani ongema phambi kukaJehova, lo Nkulunkulu ongcwele, na? Uyakwenyukela kubani esuka kithina na?

21 Bathuma izithunywa kwabakhileyo eKiriyati Jeharimi, bathi: AmaFilisti awubuyisele umphongolo kaJehova; yehlani, niwukhuphulele kini.

## 1 uSamuweli 7

### Umphongolo useKiriyati Jeharimi

1 Abantu baseKiriyati Jeharimi bafika, bakhuphula umphongolo kaJehova, bawungenisa endlini ka-Abinadaba entabeni, bamngcwelisa u-Eleyazare indodana yakhe ukuba agcine umphongolo kaJehova.

2 Kwathi kusukela osukwini umphongolo owahlala ngalo eKiriyati Jeharimi, kwaba yisikhathi eside, ngokuba saba yiminyaka engamashumi amabili; yonke indlu yakwa-Israyeli yakhalela uJehova.

3 USamuweli wakhuluma kuyo yonke indlu ka-Israyeli, wathi: Uma nibuyela kuJehova ngayo yonke inhliziyo yenu, susani kini onkulunkulu babezizwe no-Ashitaroti, nibhekise izinhliziyo zenu kuJehova, nimkhonze yena yedwa; uyakunophula esandleni samaFilisti.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Abakwa-Israyeli base besusa oBali no-Ashitaroti, bamkhonza uJehova yedwa.

### Ukukhiwa kwamanzi eMispa

5 USamuweli wathi: Buthani wonke u-Israyeli eMispa; ngiyakunikhulekela kuJehova.

6 Babuthana eMispa, bakha amanzi, bawathulula phambi kukaJehova, bazila ngalolo suku, bathi khona: Sonile kuJehova. USamuweli wahlulela abantwana bakwa-Israyeli eMispa.

### Ukwahlulwa kwamaFilisti

7 AmaFilisti esezwile ukuthi abantwana bakwa-Israyeli babuthene eMispa, amakhosi amaFilisti akhuphuka ukulwa no-Israyeli. Abantwana bakwa-Israyeli bekuzwile lokho bawesaba amaFilisti.

8 Abantwana bakwa-Israyeli bathi kuSamuweli: Ungaphezi ukusikhalela kuJehova uNkulunkulu wethu ukuba asisindise esandleni samaFilisti.

9 USamuweli wathatha iwundlu elincelayo, wanikela ngalo libe ngumnikelo oshiswa wonke kuJehova; uSamuweli wamkhalela u-Israyeli kuJehova; uJehova wamphendula.

10 USamuweli esanikela ngomnikelo wokushiswa, amaFilisti asondela ukulwa no-Israyeli; kepha uJehova waduma ngokuduma okukhulu phezu kwamaFilisti ngalolo suku, wawangquzula, abulawa phambi kuka-Israyeli.

11 Abantu bakwa-Israyeli baphuma eMispa, bawaxosha amaFilisti, bawabulala, baze bafika ngaphansi eBeti Kari.

12 USamuweli wathatha itshe, walimisa phakathi kweMispa neSheni, waqamba igama lalo ngokuthi i-Ebeni Ezeri, ethi: Kuze kube manje uJehova usisizile.

13 Ayesahlulwa amaFilisti, awabe esaphinda ukungena emikhawulweni ka-Israyeli; isandla sikaJehova sasimelene namaFilisti zonke izinsuku zikaSamuweli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[14]Imizi amaFilisti ayeyithathile ku-Israyeli yabuyiselwa ku-Israyeli, kusukela e-Ekroni kuze kube seGati; umkhawulo wayo u-Israyeli wawophula esandleni samaFilisti. Kwaba khona ukuthula phakathi kuka-Israyeli nama-Amori.

### USamuweli ungumahluleli

[15]USamuweli wahlulela u-Israyeli zonke izinsuku zokuhamba kwakhe.

[16]Wahamba iminyaka ngeminyaka ezungeza, waya eBethele, naseGiligali, naseMispa; wahlulela u-Israyeli kuzo zonke lezo zindawo.

[17]Wayebuyela eRama, ngokuba indlu yakhe yayilapho; wahlulela u-Israyeli khona, wamakhela lapho uJehova i-altare.

## 1 uSamuweli 8

### Amadodana kaSamuweli

[1]Kwathi uSamuweli esemdala, wabeka amadodana akhe abe ngabahluleli phezu kuka-Israyeli.

[2] Igama lendodana yakhe eyizibulo lalinguJoweli; igama leyesibili lalingu-Abiya; babe ngabahluleli eBeri Sheba.

[3]Amadodana akhe ayengahambi ngezindlela zakhe, kepha aphambukela inzuzo embi, athengwa ngemivuzo, aphendukezela izahlulelo.

### Abakwa-Israyeli bafuna inkosi

[4] Kwabuthana onke amalunga akwa-Israyeli, aya kuSamuweli eRama;

[5] athi kuye: Bheka, usumdala, amadodana akho awahambi ngezindlela zakho; sibekele inkosi ukuba isahlulele njengezizwe zonke.

[6] Kepha leyo nto yaba mbi emehlweni kaSamuweli, lapho bethi: Siphe inkosi ukuba isahlulele. USamuweli wayesekhuleka kuJehova.

[7]UJehova wathi kuSamuweli: Lalela izwi labantu kukho konke abakushoyo kuwe, ngokuba akusuwe abakulahlileyo, kepha balahle mina, ukuze ngingabi yinkosi phezu kwabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[8]Njengemisebenzi yonke abayenzileyo, kusukela osukwini engabakhuphula ngalo eGibithe kuze kube namuhla, bangishiya bekhonza abanye onkulunkulu, benze njalo nakuwe.

[9]Manje lalela izwi labo, ugamele nokugamela kubo kuphela, ubatshele amalungelo enkosi eyakubusa phezu kwabo.

[10]USamuweli wabatshela abantu abacela kuye inkosi onke amazwi kaJehova.

[11] Wathi: Nanka amalungelo enkosi eyakubusa phezu kwenu: iyakuthatha amadodana enu, izibekele wona ezinqoleni zayo nasemahhashini ayo, agijime phambi kwezinqola zayo;

[12]iyakuzibekela wona abe yizinduna zezinkulungwane nezinduna zamashumi ayisihlanu, alime umhlabathi wayo, avune isivuno sayo, enze izikhali zayo zokulwa nempahla yezinqola zayo.

[13]Iyakuthatha amadodakazi enu abe ngabathaki, nabapheki, nabaphekizinkwa.

[14]Iyakuthatha amasimu enu, nezivini zenu, neminqumo yenu emihle, ikunike izinceku zayo.

[15]Iyakuthatha okweshumi kwembewu yenu nokwesivini senu, ikunike izinduna zayo nezinceku zayo.

[16]Iyakuthatha izinceku zenu, nezincekukazi zenu, nezinsizwa zenu ezinhle, nezimbongolo zenu, izenze ukuba zisebenze imisebenzi yayo.

[17]Iyakuthatha okweshumi kwezimvu zenu, nibe yizinceku zayo.

[18]Niyakukhala ngalolo suku ngenxa yenkosi yenu, eniyakube nizikhethele yona; kepha uJehova akayikuniphendula ngalolo suku.

[19]Kepha abantu bala ukulalela izwi likaSamuweli, bathi: Hhayi, sifuna ukuba kube khona inkosi phezu kwethu,

[20]ukuze nathi sibe njengezizwe zonke, inkosi yethu isahlulele, iphume phambi kwethu, ilwe izimpi zethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21USamuweli wezwa onke amazwi abantu, wawalanda ezindlebeni
zikaJehova.

22UJehova wathi kuSamuweli: Lalela izwi labo, ubanike inkosi. USamuweli
wathi kubantu bakwa-Israyeli: Hambani niye, kube yilowo nalowo emzini
wakini.

## 1 uSamuweli 9

### UJehova uyakhetha uSawule abe yinkosi

1 Kwakukhona umuntu wakwaBenjamini ogama lakhe lalinguKishi indodana
ka-Abiyeli kaSerori kaBekhorati ka-Afiya, indodana yowakwaBenjamini,
iqhawe elinamandla.

2Wayenendodana egama layo lalinguSawule, insizwa enhle; kwakungekho
muntu omuhle kunaye phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli; kusukela
emahlombe akhe kuya phezulu wayemude kunabo bonke abantu.

3Izimbongolo zikaKishi uyise kaSawule zalahleka. UKishi wathi kuSawule
indodana yakhe: Thatha enye yezinceku, usuke, uye kufuna izimbongolo.

4Wadabula izintaba zakwa-Efrayimi, wadabula izwe laseShalisha, kepha
abazifumananga; base bedabula izwe laseShahalimi, nalapho zazingekho;
wadabula izwe labakwaBenjamini, kepha kabazifumana.

5Sebefikile ezweni laseSufi, uSawule wathi kuyo inceku yakhe eyayinaye:
Woza sibuye, funa ubaba aziyeke izimbongolo, enqene ngathi.

6Yathi kuye: Bheka, kukhona kulo muzi umuntu kaNkulunkulu, umuntu
ohloniphekayo; konke akushoyo kuyakwenzeka impela; masiye khona,
mhlawumbe angasitshela indlela esihamba ngayo.

7 Wayesethi uSawule kuyo inceku yakhe: Kepha bheka, uma siya khona,
siyakulethani kulowo muntu na? Ngokuba isinkwa siphelile ezitsheni zethu;
akukho nto esingayiyisa kulowo muntu kaNkulunkulu; sinani, pho, na?

8Inceku yabuye yamphendula uSawule, yathi: Ngiphethe esandleni sami
okwesine kweshekeli lesiliva; lokhu ngiyakumnika khona lowo muntu
kaNkulunkulu ukuba asitshele indlela yethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

9 Endulo kwa-Israyeli, lapho umuntu ebeyakubuza kuNkulunkulu, washo wathi: Woza siye kumboni; ngokuba lo othiwa umprofethi manje wabizwa kuqala ngokuthi umboni.

10USawule wayesethi kuyo inceku yakhe: Lihle izwi lakho; woza sihambe. Base beya emzini lapho lowo muntu kaNkulunkulu wayekhona.

11Besakhuphuka ummango womuzi bafumana amantombazana eyakukha amanzi; bathi kuwo: Umboni ukhona na?

12Abaphendula athi: Ukhona; nangu ngaphambi kwakho; shesha kodwa, ngokuba ufikile namuhla emzini, lokhu abantu benomhlatshelo namuhla endaweni ephakemeyo;

13ekungeneni kwenu emzini niyakumfumana, engakenyukeli endaweni ephakemeyo ukuyokudla; ngokuba abantu abayikudla engakafiki, lokhu nguye obusisa umhlatshelo, andukuba abamenyiweyo badle. Ngalokho-ke, khuphukani manje, ngokuba niyakumfumana ngalesi sikhathi.

14Benyukela emzini; besangena emzini, bheka, uSamuweli waphumela kubo ukuyakwenyukela endaweni ephakemeyo.

15UJehova wayemambulele uSamuweli ngayizolo, uSawule engakafiki, ethi:

16 Kusasa ngalesi sikhathi ngiyakuthuma kuwe umuntu wasezweni lakwaBenjamini; uyakumgcoba abe ngumholi wabantu bami u-Israyeli, asindise abantu bami esandleni samaFilisti, ngokuba ngibonile abantu bami, lokhu ukukhala kwabo kufikile kimi.

17USamuweli esembonile uSawule, uJehova wathi kuye: Nangu umuntu engakhuluma ngaye kuwe, ngathi: Lo uyakubusa abantu bami.

18USawule wayesesondela kuSamuweli esangweni, wathi: Ake ungitshele ukuthi iphi indlu yomboni.

19USamuweli wamphendula uSawule, wathi: Yimi engingumboni; khuphuka phambi kwami, uye endaweni ephakemeyo, ngokuba niyakudla nami

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

namuhla; ekuseni ngiyakukumukisa, ngikutshele konke okusenhliziyweni yakho.

20Izimbongolo zakho esezinezinsuku ezintathu zilahlekile, ungabeki inhliziyo yakho kuzo, ngokuba zitholiwe. Ngokukabani konke okunxanelekayo kwa-Israyeli na? Akusikho okwakho nokwendlu yonke kayihlo na?

21USawule waphendula wathi: Angisiye owakwaBenjamini yini, owesincane sezizwe zakwa-Israyeli, na? Nomndeni wakithi awumncane yini kuyo yonke imindeni yesizwe sakwaBenjamini na? Ukhulumelani kimi ngale ndlela na?

22USamuweli wamthatha uSawule nenceku yakhe, wabangenisa endlini yokudlela, wabahlalisa endaweni engumqoka phakathi kwabamenyiweyo, kungathi abangamashumi amathathu.

23USamuweli wathi kumpheki: Letha isabelo engakunika sona engasho kuwe ngaso ukuthi: Sibeke ngakuwe.

24Umpheki waphakamisa umlenze nokwakuphezu kwawo, wawubeka phambi kukaSawule. USamuweli wathi: Nakhu ohlinzekwe ngakho. Kubeke phambi kwakho, udle, ngokuba kugcinelwe wena kuze kufike lesi sikhathi, njengalokho ngithe ngimemile abantu. USawule wayesedla noSamuweli ngalolo suku.

25Sebehlile endaweni ephakemeyo bangena emzini; wakhuluma noSawule ophahleni lwendlu.

26 Bavuka ekuseni; kwathi kusantwela, uSamuweli wabiza uSawule esophahleni lwendlu, wathi: Vuka ukuba ngikumukise. Wayesevuka uSawule, baphuma bobabili, baya phandle, yena noSamuweli.

27Besehlela ngasekugcineni komuzi, uSamuweli wathi kuSawule: Yisho kuyo inceku ukuba idlule phambi kwethu -- yadlula-ke -- kepha yima wena manje ukuba ngikuzwise izwi likaNkulunkulu.

## 1 uSamuweli 10

### USawule uyagcotshwa nguSamuweli, abe yinkosi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 USamuweli wayesethatha umfuma wamafutha, wawathela ekhanda lakhe, wamanga, wathi: Angithi uJehova ukugcobile ukuba ube ngumholi wefa lakhe na?

2 Nxa usumukile kimi namuhla, uyakufumana abantu ababili ngasethuneni likaRaheli emkhawulweni wakwaBenjamini eSelisa; bayakuthi kuwe: Izimbongolo owawuye ukuzifuna zitholiwe; bheka, uyihlo uyekile izimbongolo, uyenqena ngani, ethi: Ngiyakwenze njani ngomntanami na?

3 Nxa usukile khona uye phambili, uyakufika kulo i-oki laseThabori; kuyakuhlangana nawe khona abantu abathathu bekhuphukela kuNkulunkulu eBethele, omunye ephethe amazinyane amathathu ezimbuzi, omunye ephethe izinkwa ezintathu, omunye ephethe imvaba yewayini;

4 bayakukubingelela, bakunike izinkwa ezimbili oyakuzamukela ezandleni zabo.

5 Emva kwalokho uyakufika entabeni kaNkulunkulu, lapho likhona ikhanda lamaFilisti; kuyakuthi nxa usufikile khona emzini, uhlangane neviyo labaprofethi behla endaweni ephakemeyo benogubhu, nesigubhu, negenkle, nehabhu phambi kwabo, beprofetha;

6 uMoya kaJehova uyakwehlela phezu kwakho, uyakuprofetha kanye nabo, uphenduke omunye umuntu.

7 Kuyakuthi lapho lezo zibonakaliso sezifikile kuwe, wenze esikufumanayo isandla sakho, ngokuba uNkulunkulu unawe.

8 Uyakwehla phambi kwami ukuya eGiligali; bheka, ngiyakwehlela kuwe ukuba nginikele ngeminikelo yokushiswa, ngihlabe imihlatshelo yokuthula; uyakuhlala izinsuku eziyisikhombisa, ngize ngifike kuwe, ngikutshele oyakukwenza.

9 Kwathi esefulathela emuka kuSamuweli, uNkulunkulu waphendukisa inhliziyo yakhe yaba ngenye; zonke lezo zibonakaliso zafika ngalona lolo suku.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Lapho sebefike khona entabeni, bheka, iviyo labaprofethi lahlangana naye;
uMoya kaNkulunkulu wehlela phezu kwakhe, waprofetha phakathi kwabo.

11 Kwathi bonke ababemazi kuqala sebebona ukuthi waprofetha nabaprofethi,
abantu bathi omunye komunye: Kuyini lokhu okwehlele indodana kaKishi
na? Kanti naye uSawule uphakathi kwabaprofethi na?

12 Kwaphendula umuntu wakhona, wathi: Ngubani uyise na? Ngalokho
kwaba yisaga ukuthi: Naye uSawule uphakathi kwabaprofethi na?

13 Eseqedile ukuprofetha wafika endaweni ephakemeyo.

14 Uyisekazi kaSawule wathi kuye nasencekwini yakhe: Nike naya ngaphi na?
Wathi: Besiye kufuna izimbongolo; lapho sesibonile ukuthi azikho, sase siya
kuSamuweli.

15 Uyisekazi kaSawule wathi: Ake ningitshele: Utheni kini uSamuweli na?

16 USawule wathi kuyisekazi: Usitshele impela ukuthi izimbongolo zitholiwe.
Kepha indaba yombuso akhuluma ngayo uSamuweli akamtshelanga yona.

### Inkosi ibekwa eMispa

17 USamuweli wabizela abantu kuJehova eMispa;

18 wathi kubantu bakwa-Israyeli: UJehova uNkulunkulu ka-Israyeli usho
kanje, uthi: Ngenyusa u-Israyeli eGibithe, nganophula esandleni
sabaseGibithe nasesandleni sayo yonke imibuso eyanicindezelayo;

19 kepha namuhla nimlahlile uNkulunkulu wenu, yena owanisindisa
ezingozini zenu zonke nasezinsizini zenu, nishilo nathi: Hhayi, kepha beka
inkosi phezu kwethu. Ngalokho yimani phambi kukaJehova ngezizwe zenu
nangezinkulungwane zenu.

20 USamuweli wayesesondeza zonke izizwe zakwa-Israyeli, kwadliwa isizwe
sakwaBenjamini.

21 Wayesesondeza isizwe sakwaBenjamini ngemindeni yabo, kwadliwa
umndeni wakwaMatri; kwadliwa uSawule indodana kaKishi; kepha lapho
bebemfuna, akafunyanwanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[22]Babuye babuza uJehova ukuthi: Usezakufika lowo muntu na? UJehova waphendula wathi: Bheka, ucashile empahleni.

[23] Bagijima, bamlanda khona; wema phakathi kwabantu, wayemude kunabo bonke abantu kusukela emahlombe kuya phezulu.

[24]USamuweli wathi kubo bonke abantu: Mbhekeni amkhethileyo uJehova ukuthi akakho onjengaye kubantu bonke. Base bekhamuluka abantu bonke, bathi: Mayime njalo inkosi.

[25] USamuweli wayesebatshela abantu amalungelo ombuso, wawaloba encwadini, wayibeka phambi kukaJehova. USamuweli wamukisa bonke abantu, yilowo nalowo waya ekhaya lakubo.

[26]Naye uSawule waya ekhaya lakhe eGibeya; kwahamba naye impi ezinhliziyo zayo uNkulunkulu azithintile.

[27] Kepha abantu ababi bathi: Uyakusisindisa kanjani lowo na? Bamdelela, abamnikanga isipho. Kepha wathula.

## 1 uSamuweli 11

### USawule unqoba abakwa-Amoni

[1]Kwenyuka uNahashi wakwa-Amoni, wamisa eJabeshi Gileyadi; bonke abantu baseJabeshi bathi kuNahashi: Yenza isivumelwano nathi, siyakukukhonza.

[2]UNahashi wakwa-Amoni wathi kubo: Ngiyakusenza nani ngalokhu ukuba kukhishwe onke amehlo enu okunene, ngikubeke kube yihlazo kuye wonke u-Israyeli.

[3]Amalunga aseJabeshi athi kuye: Siyeke izinsuku eziyisikhombisa ukuba sithume izithunywa emikhawulweni yonke yakwa-Israyeli; uma kungekho osisindisayo, siyakuphumela kuwe.

[4]Izithunywa zafika eGibeya likaSawule, zakhuluma lawo mazwi ezindlebeni zabantu; bonke abantu badazuluka, bakhala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Bheka, uSawule weza elandela izinkabi, evela ensimini; uSawule wathi: Yini
ukuba abantu bakhale na? Bamtshela amazwi abantu baseJabeshi.

6 UMoya kaNkulunkulu wehlela phezu kukaSawule esezwile lawo mazwi;
intukuthelo yakhe yavutha kakhulu.

7 Wathatha izinkabi ezimbili, wazihlahlela, wazithuma emikhawulweni yonke
yakwa-Israyeli ngesandla sezithunywa, ethi: Ongaphumi emva kukaSawule
noSamuweli kuyakwenziwa kanjalo kuzo izinkabi zakhe. Ingebhe ngoJehova
yehlela phezu kwabantu, baphuma njengomuntu munye.

8Wababala eBezeki; abantwana bakwa-Israyeli babe yizinkulungwane
ezingamakhulu amathathu, nabantu bakwaJuda babe yizinkulungwane
ezingamashumi amathathu.

9Bathi kuzo izithunywa ezazifikile: Niyakusho kanje kubantu baseJabeshi
Gileyadi, nithi: Kusasa lapho ilanga libalele niyakukhululwa. Izithunywa
zafika, zabatshela abantu baseJabeshi; bathokoza.

10Ngalokho abantu baseJabeshi bathi: Kusasa siyakuphumela kini, nenze kithi
konke okuhle emehlweni enu.

11Kwathi ngangomuso uSawule waviva abantu ngezigaba ezintathu; bafika
phakathi kwekamu ngomlindo wokusa, babulala abakwa-Amoni, laze lashisa
ilanga; kwathi abaseleyo bahlakazeka, akusalanga kubo ababili bendawonye.

12 Abantu bathi kuSawule: Ngubani oshilo ukuthi uSawule uyakuba yinkosi
phezu kwethu na? Lethani labo bantu ukuba sibabulale.

13 USawule wathi: Akuyikubulawa muntu namuhla, ngokuba namuhla
uJehova usebenzile ukusindiswa kwa-Israyeli.

14USamuweli wayesethi kubantu: Wozani siye eGiligali, sibuye sivuse umbuso
khona.

15Bonke abantu baya eGiligali, bambeka khona uSawule waba yinkosi
phambi kukaJehova eGiligali; bahlaba khona imihlatshelo yeminikelo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

yokuthula phambi kukaJehova; uSawule nabo bonke abantu bakwa-Israyeli bathokoza kakhulu khona.

## 1 uSamuweli 12

### USamuweli ulanda indaba yomsebenzi wakhe

1 USamuweli wathi kuye wonke u-Israyeli: Bhekani, ngilalele izwi lenu kukho konke enikushiloyo kimi, ngibekile inkosi phezu kwenu.

2 Manje bhekani, inkosi iyahamba phambi kwenu; mina sengimdala, ngiyimpunga; nanka amadodana ami akini; ngihambile phambi kwenu kwasebusheni bami kuze kube namuhla.

3 Bhekani, ngilapha: fakazani ngami phambi kukaJehova naphambi kogcotshiweyo wakhe ukuthi ngithathe inkabi kabani, ngithathe imbongolo kabani, ngikhohlisile ubani, ngicindezele ubani, ngamukele umvuzo esandleni sikabani ukuba ngifihle amehlo ami ngawo na? Ngiyakukubuyisela kini.

4 Bathi: Awusikhohlisanga, awusicindezelanga, awamukelanga lutho esandleni samuntu.

5 Wayesethi kubo: UJehova ungufakazi ngani, nogcotshiweyo wakhe ungufakazi namuhla ukuthi anifumananga lutho esandleni sami. Bathi: Ungufakazi.

6 USamuweli wathi kubantu: NguJehova, yena owabeka oMose no-Aroni nowakhuphula oyihlo ezweni laseGibithe.

7 Kalokhu yimani ukuba ngiphendulane nani phambi kukaJehova ngezenzo zonke ezilungileyo zikaJehova azenza kini nakoyihlo.

8 Lapho uJakobe esefikile eGibithe, oyihlo bakhala kuJehova, uJehova wathuma oMose no-Aroni abakhipha oyihlo eGibithe, babahlalisa kule ndawo.

9 Kepha bakhohlwa uJehova uNkulunkulu wabo, wathengisa ngabo esandleni sikaSisera induna yempi yaseHasori, nasesandleni samaFilisti, nasesandleni senkosi yakwaMowabi, balwa nabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

10 Bakhala kuJehova, bathi: Sonile, ngokuba simshiyile uJehova, sakhonza oBali no-Ashitaroti; kodwa kalokhu sophule esandleni sezitha zethu, siyakukukhonza.

11 UJehova wayesethuma oJerubali, noBedani, noJefta, noSamuweli, wanophula esandleni sezitha zenu nxazonke, nahlala nalondeka.

12 Kepha lapho nabona uNahashi inkosi yabantwana bakwa-Amoni ephuma ukulwa nani, nathi kimi: Hhayi, kepha masibuswe yinkosi, ingani uJehova uNkulunkulu wenu wayeyinkosi yenu.

13 Manje nansi inkosi eniyikhethileyo neniyicelileyo; bhekani, uJehova ubekile inkosi phezu kwenu.

14 Uma nimesaba uJehova, nimkhonze, nilalele izwi lakhe, ningahlubuki esiyalezweni sakhe, khona nina nenkosi yenu ebusa phezu kwenu niyakulandela uJehova uNkulunkulu wenu;

15 kepha uma ningalaleli izwi likaJehova, nihlubuke esiyalezweni sikaJehova, khona isandla sikaJehova siyakumelana nani, njengalokho samelana nawoyihlo.

16 Ngalokho yimani nibone le nto enkulu ayakuyenza uJehova phambi kwamehlo enu.

17 Angithi kuyisikhathi sokuvuna ukolweni namuhla na? Ngiyakukhuleka kuJehova ukuba athume ukuduma nemvula, nazi, nibone ukuthi okubi kwenu enikwenzile emehlweni kaJehova ngokucela inkosi kukhulu.

18 USamuweli wayesekhuleka kuJehova; uJehova wathuma ukuduma nemvula ngalolo suku; bonke abantu besaba kakhulu uJehova noSamuweli.

19 Bonke abantu bathi kuSamuweli: Khulekela izinceku zakho kuJehova uNkulunkulu wakho ukuba singafi, ngokuba senezele kuzo zonke izono zethu ububi bokuzicelela inkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 USamuweli wathi kubantu: Ningesabi; impela nenzile konke lokho okubi; kepha ningaphambuki ekumlandeleni uJehova, kodwa mkhonzeni uJehova ngayo yonke inhliziyo yenu;

21 yebo, ningaphambuki ukuba nilandele izinto eziyize ezingenakusiza nezingenakophula, ngokuba ziyize.

22 Ngokuba uJehova akayikushiya abantu bakhe ngenxa yegama lakhe elikhulu, lokhu kwakukuhle kuJehova ukuzenzela nina nibe ngabantu bakhe.

23 Futhi nami, makube kude nami ukuba ngone kuJehova ngokuyeka ukunikhulekela; kakhulu ngiyakunifundisa indlela enhle nelungileyo.

24 Yesabani uJehova kuphela, nimkhonze ngeqiniso ngenhliziyo yenu yonke, ngokuba bhekani okukhulu anenzele khona.

25 Kodwa uma nisenza okubi, niyakubhubha nina nenkosi yenu.

## 1 uSamuweli 13

### Impi namaFilisti

1 USawule wabusa umnyaka; esebusile iminyaka emibili kwa-Israyeli.

2 USawule wazikhethela abantu abayizinkulungwane ezintathu kwa-Israyeli; izinkulungwane ezimbili zazinoSawule eMikimashi nasentabeni yaseBetlehema, nenkulungwane yayinoJonathani eGibeya lakwaBenjamini; abanye abantu wabamukisa, kwaba yilowo nalowo etendeni lakhe.

3 UJonathani wachitha ikhanda lamaFilisti elaliseGeba, amaFilisti akuzwa. USawule wabetha icilongo ezweni lonke, wathi: Makezwe amaHeberu.

4 Wonke u-Israyeli wezwa kuthiwa uSawule uchithile ikhanda lamaFilisti nokuthi u-Israyeli uyanengeka kuwo amaFilisti. Abantu babuthwa ukuba bamlandele uSawule, baye eGiligali.

5 AmaFilisti abuthana ukuba alwe no-Israyeli: izinqola eziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu, nabamahhashi abayizinkulungwane eziyisithupha, nabantu abangangesihlabathi esisogwini lolwandle ngobuningi; benyuka bamisa eMikimashi ngasempumalanga kwaseBeti Aveni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[6]Lapho abantu bakwa-Israyeli bebona ukuthi basengcingweni, ngokuba bacindezelwa kakhulu, abantu bacasha emihumeni, nasemahlozini, nasemaweni, nasezinqabeni, nasemigodini.

[7]NamaHeberu ayewelile iJordani ukuya ezweni lakwaGadi nakwelakwaGileyadi; kepha uSawule wayeseseGiligali; abantu bonke bamlandela bethuthumela.

### USawule unikela ngokungengamthetho

[8] Wahlala izinsuku eziyisikhombisa njengesikhathi esimisiwe nguSamuweli, kepha uSamuweli akafikanga eGiligali; abantu bahlakazeka kuye.

[9]USawule wayesethi: Lethani kimi umnikelo wokushiswa neminikelo yokuthula. Wanikela ngomnikelo wokushiswa.

[10]Kwathi eseqedile ukunikela ngomnikelo wokushiswa, bheka, uSamuweli wafika; uSawule waphuma ukumhlangabeza ukuba ambingelele.

[11]USamuweli wathi: Wenzeni na? USawule wathi: Njengokuba ngabona ukuthi abantu bahlakazekile kimi, nokuthi awufikanga ngesikhathi esimisiweyo, nokuthi amaFilisti abuthene eMikimashi,

[12]ngathi: Manje amaFilisti ayakwehlela kimi eGiligali ngingakhulekanga; ngase ngiziphoqa, nganikela ngomnikelo wokushiswa.

[13]USamuweli wathi kuSawule: Wenze ngobuwula, awugcinanga umyalo kaJehova uNkulunkulu wakho akuyala ngawo, ngokuba uJehova ubeseyakuqinisa umbuso wakho kwa-Israyeli kuze kube phakade.

[14]Kepha manje umbuso wakho awuyikuqhubeka; uJehova usezifunele umuntu ngokwenhliziyo yakhe; uJehova ummisile abe ngumholi wabantu bakhe, ngokuba ungagcinanga lokho uJehova akuyala ngakho.

[15] USamuweli wayesesuka, wakhuphuka eGiligali, waya eGibeya lakwaBenjamini. USawule wabala abantu abafumaniseka bekuye, kungathi abantu abangamakhulu ayisithupha.

[16]OSawule noJonathani indodana yakhe nabantu ababe naye bahlala eGeba lakwaBenjamini, kepha amaFilisti amisa eMikimashi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Abaphangi baphuma ekamu lamaFilisti ngezigaba ezintathu; esinye isigaba
sahamba ngendlela eya e-Ofira ezweni laseShuhali;

18esinye isigaba sahamba ngendlela eya eBeti Horoni; esinye isigaba sahamba
ngendlela eya emkhawulweni obheka esigodini saseSeboyimi ngasehlane.

19 Kwakungekho mkhandi ezweni lonke lakwa-Israyeli, ngokuba amaFilisti
athi: Funa amaHeberu azenzele izinkemba nemikhonto.

20Bonke abakwa-Israyeli behlela kuwo amaFilisti, kwaba yilowo nalowo
ukuba alole umese wakhe, nempumulo yakhe, nembazo yakhe, nesikela
lakhe;

21imali yayiyipimi ngezimpumulo nangezimfoloko, nenxenye yesithathu
yeshekeli ngezimbazo nangokulungisa izincijo zezinkabi.

22Kwathi ngosuku lokulwa akwabakho nkemba namkhonto esandleni
samuntu owayenoSawule noJonathani; kodwa koSawule noJonathani
indodana yakhe kwakukhona.

23Ikhanda lamaFilisti laphuma, laya ngasentubeni yaseMikimashi.

## 1 uSamuweli 14

### Ubuqhawe bukaJonathani

1Kwathi ngosuku oluthile uJonathani indodana kaSawule wathi odibini
oluphethe izikhali zakhe: Woza siwele, siye ekhandeni lamaFilisti
elingaphesheya. Kepha akamtshelanga uyise.

2 USawule wahlala emaphethelweni aseGibeya phansi kompomegranati
oseMigroni; abantu ababe naye babe ngamakhulu ayisithupha;

3 u-Ahiya indodana ka-Ahithubi, umfowabo ka-Ikabodi indodana kaFinehasi
ka-Eli, umpristi kaJehova eShilo, wayembethe ingubo yamahlombe. Abantu
babengazi ukuthi uJonathani uhambile.

4 Phakathi kwezintuba uJonathani afuna ukuwela ngazo ukuya ekhandeni
lamaFilisti kwakukhona ugedla lwesiwa ngalapha nogedla lwesiwa ngalapha;
igama lolunye laliyiBosesi, negama lolunye laliyiSene.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Olunye ugedla lwaluphakeme ngasenyakatho phambi kweMikimashi, nolunye ngaseningizimu phambi kweGeba.

6 UJonathani wathi odibini lwakhe oluphethe izikhali zakhe: Woza siwele, siye ekhandeni lalabo abangasokile; ingabe uJehova uyakusisebenzela, ngokuba akukho okumthiyayo uJehova ukuba asindise ngabaningi noma ngabayingcosana.

7 Ophethe izikhali zakhe wathi kuye: Yenza konke okusenhliziyweni yakho: hamba, bheka, nginawe njengenhliziyo yakho.

8 Wayesethi uJonathani kuye: Bheka, siyakuwela, siye kulabo bantu, sizibonakalise kubo.

9 Uma bethi kithi: Hlalani size sifike kini, khona siyakuma endaweni yethu, singenyukeli kubo.

10 Kepha uma bethi: Yenyukelani kithi, siyakwenyuka, ngokuba uJehova ubanikele esandleni sethu; lokhu kuyakuba yisibonakaliso kithi.

11 Bobabili bazibonakalisa kulo ikhanda lamaFilisti; amaFilisti ayesethi: Bhekani, amaHeberu aphuma emigodini acashe kuyo.

12 Abantu basekhandeni bamphendula uJonathani nodibi lwakhe, bathi: Khuphukelani kithi, siyakunifundisa indaba. UJonathani wayesethi odibini oluphethe izikhali zakhe: Khuphuka emva kwami, ngokuba uJehova ubanikele esandleni sakwa-Israyeli.

13 UJonathani wakhuphuka ngezandla zakhe nangezinyawo zakhe, nodibi lwakhe emva kwakhe; bawa phambi kukaJonathani, nodibi lwezikhali zakhe lwababulala emva kwakhe.

14 Lokho kuceka kokuqala abakwenzayo uJonathani nodibi lwezikhali zakhe kwakungabantu kungathi amashumi amabili ebangeni elingathi inxenye ye-eka lensimu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

15 Kwaba khona ukuthuthumela ekamu, nasendle, naphakathi kwabantu
bonke; ikhanda nabaphangi bathuthumela nabo, nomhlaba wazamazama,
kwaze kwaba ngukuthuthumela okukhulu.

16Abalindi bakaSawule eGibeya lakwaBenjamini babona, bheka, isixuku
sahlakazeka, saya ngalapha nangalapha.

17USawule wayesethi kubantu ababe naye: Balani manje, nibone ukuthi
ngubani omukile kithi. Babala, bheka, uJonathani nodibi lwezikhali zakhe
babengekho.

18 USawule wathi ku-Ahiya: Letha umphongolo kaNkulunkulu. Ngokuba
umphongolo kaNkulunkulu wawukhona ngaleso sikhathi kwabakwa-Israyeli.

19Kwathi uSawule esakhuluma kumpristi, umsindo owawusekamu lamaFilisti
waqhubeka, wanda; uSawule wathi kumpristi: Susa isandla sakho.

20 USawule nabo bonke abantu ababe naye babuthana, baya ekulweni; bheka,
yilowo nalowo washaya omunye ngenkemba, kwaba khona ukungquzuka
okukhulu kakhulu.

21AmaHeberu ayenamaFilisti kuqala nawo akhuphukela ekamu nxazonke,
aphendukela kwabakwa-Israyeli ababe noSawule noJonathani.

22Abantu bonke bakwa-Israyeli ababecashile ezintabeni zakwa-Efrayimi
sebezwile ukuthi amaFilisti abaleka, nabo bawaxosha ekulweni.

23UJehova wasindisa u-Israyeli ngalolo suku; ukulwa kwadlulela eBeti Aveni.

**Isiyalezo sikaSawule**

24Abantu bakwa-Israyeli babecindezelwa ngalolo suku, kepha uSawule
wafungisa abantu, wathi: Makaqalekiswe umuntu odla ukudla kungakahlwi,
ngingakaziphindiseli ezitheni zami. Akwabakho muntu owezwa ukudla.

25Abantu bonke beza ehlathini; kwakukhona izinyosi phansi.

26Abantu sebengenile ehlathini, bheka, izinyosi zaconsa, kepha akwabakho
muntu obeka isandla emlonyeni, ngokuba abantu besaba isifungo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27 Kepha uJonathani akezwanga lapho uyise efungisa abantu; ngalokho welula isihloko senduku esesandleni sakhe, wasicwilisa ezinyosini, wabeka isandla emlonyeni; ayeseqabuka amehlo akhe.

28 Kwase kuthatha omunye wabantu, wathi: Uyihlo wabafungisa nokubafungisa abantu, ethi: Makaqalekiswe umuntu odla ukudla namuhla. Abantu babephelile amandla.

29 Wayesethi uJonathani: Ubaba uhluphile izwe; ake nibone ukuthi amehlo ami aseqabukile, ngokuba ngizwe ingcosana yalezi zinyosi.

30 Kakhulu kangakanani, uma abantu bebedlile impela impango yezitha zabo abayifumanayo, ngokuba nga engabulawanga kakhulu amaFilisti na?

31 Babulala amaFilisti ngalolo suku kusukela eMikimashi kuze kube se-Ajaloni; abantu baphela amandla kakhulu.

32 Abantu batheleka empangweni, bathatha izimvu, nezinkabi, namankonyane, bakubulalela phansi; abantu bakudla kanye negazi.

33 Base bemtshela uSawule, bethi: Bheka, abantu bayona kuJehova ngokudla okunegazi. Wathi: Nenze kabi; gingqelani kimi itshe elikhulu namuhla.

34 Wathi uSawule: Hlakazekelani phakathi kwabantu, nithi kubo: Lethani kimi, kube yilowo nalowo inkabi yakhe, nalowo imvu yakhe, nizihlabe lapha, nidle, ningoni kuJehova ngokudla okunegazi. Bonke abantu baletha, kwaba yilowo nalowo inkabi yakhe ngalobo busuku ngesandla sakhe, bazihlaba khona.

35 USawule wamakhela uJehova i-altare; kwakuyi-altare lokuqala amakhela lona uJehova.

36 USawule wathi: Masehle, silandele amaFilisti ebusuku, siwaphange kuze kuse, singashiyi noyedwa kuwo. Bathi: Yenza konke okuhle emehlweni akho. Umpristi wayesethi: Masisondele lapha kuNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37 USawule wabuza kuNkulunkulu wathi: Ngehle ngilandele amaFilisti na? Uyakuwanikela esandleni sakwa-Israyeli na? Kepha akamphendulanga ngalolo suku.

38USawule wathi: Sondelani lapha nina nonke zinhloko zabantu, nazi, nibone ukuthi bekuyisiphi lesi sono sanamuhla.

39Ngokuba, kuphila kukaJehova osindisa u-Israyeli, nokuba sikuJonathani indodana yami, uyakufa nokufa. Kepha akwabakho noyedwa owamphendulayo.

40Wayesethi ku-Israyeli wonke: Buyelani nganhlanye nina, mina noJonathani indodana yami siyakubuyela nganhlanye. Abantu bathi kuSawule: Yenza okuhle emehlweni akho.

41 Ngalokho uSawule wathi kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli: Malivele iqiniso. OJonathani noSawule badliwa yinkatho, kepha abantu baphunyuka.

42USawule wathi: Yenzani inkatho phakathi kwami noJonathani indodana yami. Wadliwa uJonathani.

43USawule wayesethi kuJonathani: Ngitshele okwenzileyo. UJonathani wamtshela wathi: Impela ngezwa ingcosana yezinyosi ngesihloko senduku eyayisesandleni sami; bheka, sengizakufa.

44USawule wathi: Makenze njalo uNkulunkulu, enezele futhi, ngokuba uyakufa nokufa, Jonathani!

45Abantu bathi kuSawule: Uyakufa yini uJonathani okwenzile lokho kusindisa okukhulu kwa-Israyeli na? Makube kude; kuphila kukaJehova, akuyikuwela phansi nolulodwa unwele lwekhanda lakhe, ngokuba usebenzile noNkulunkulu namuhla. Abantu bamhlenga ukuba angafi.

### USawule uyalwa nezizwe eziningi

46USawule wayesenyuka ebuya ekulandeleni amaFilisti; aya endaweni yawo.

47USawule esethathile umbuso wakwa-Israyeli walwa nazo zonke izitha zakhe nxazonke, noMowabi, nabantwana bakwa-Amoni, no-Edomi, namakhosi aseSoba, namaFilisti; nomaphi lapho ebheka khona, wayehlula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

48Wenza okobuqhawe, wanqoba ama-Amaleki, wamophula u-Israyeli esandleni sabaphangi.

### Abomuzi kaSawule

49 Amadodana kaSawule ayengoJonathani, no-Ishivi, noMaliki Shuwa; amagama amadodakazi akhe amabili yilawa: igama lenkulu lalinguMerabi, igama lencane lalinguMikhali.

50Igama lomkaSawule lalingu-Ahinohama indodakazi ka-Ahimahazi; igama lenduna yempi yakhe lalingu-Abineri indodana kaNeri uyisekazi kaSawule.

51 UKishi uyise kaSawule noNeri uyise ka-Abineri babe ngamadodana ka-Abiyeli.

52Kwakukhona ukulwa okunzima namaFilisti zonke izinsuku zikaSawule; lapho uSawule ebona iqhawe nendoda enamandla wazithathela bona.

## 1 uSamuweli 15

### USawule uyahlula ama-Amaleki

1 USamuweli wathi kuSawule: UJehova wangithuma ukuba ngikugcobe ube yinkosi phezu kwabantu bakhe u-Israyeli; ngalokho lalela amazwi kaJehova.

2 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ngiyakuhambela umAmaleki ngalokho akwenzayo ku-Israyeli wamelana naye endleleni ekukhuphukeni kwakhe eGibithe.

3Hamba manje, unqobe u-Amaleki, uchithe impela konke anakho, ungamhawukeli, kepha bulala abesilisa, nabesifazane, nezingane, nabancelayo, nezinkabi, nezimvu, namakamela, nezimbongolo.

4USawule wayesebiza abantu, wababala eThelayimi, izinkulungwane ezingamakhulu amabili zemigundatshani nezinkulungwane eziyishumi zabantu bakwaJuda.

5USawule wafika emzini ka-Amaleki, waqamekela esigodini.

6 USawule wathi kumaKheni: Hambani nimuke, nehle kuwo ama-Amaleki, funa nginichithe kanye nawo, ngokuba nabenzela umusa bonke abantwana

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bakwa-Israyeli ekukhuphukeni kwabo eGibithe. Ayesesuka amaKheni
phakathi kwama-Amaleki.

7 USawule wahlula ama-Amaleki kusukela eHavila kuya ngaseShuri
elingaphambi kwaseGibithe.

8 Wabamba u-Agagi inkosi yama-Amaleki esaphilile, wachitha impela bonke
abantu ngosiko lwenkemba.

9 Kepha uSawule nabantu bayeka u-Agagi nezinhle nezikhulupheleyo zezimvu
nezezinkabi, namawundlu, nakho konke okuhle; babengavumi ukukuqeda
lokho; kodwa zonke izinto ezidelekileyo nezondileyo baziqeda nya.

### Ukungalaleli nokulahlwa kukaSawule

10 Lase lifika izwi likaJehova kuSamuweli, lithi:

11 Ngiyazisola ukuthi ngibekile uSawule inkosi, ngokuba ubuyile
ekungilandeleni, kafezanga amazwi ami. USamuweli wathukuthela, wakhala
kuJehova ubusuku bonke.

12 USamuweli wavuka kusasa ukuba amhlangabeze uSawule ekuseni;
kwabikwa kuSamuweli ukuthi: USawule wafika eKarmeli; bheka, wazimisela
insika, wasuka, wadlula, wehla waya eGiligali.

13 USamuweli wafika kuSawule; uSawule wathi kuye: Mawubusiswe
nguJehova; sengifezile izwi likaJehova.

14 USamuweli wayesethi: Kuthini, pho, lokhu kukhala kwezimvu ezindlebeni
zami, nokukhala kwezinkabi engikuzwayo, na?

15 USawule wathi: Babuye nazo kuma-Amaleki, ngokuba abantu bayeka
ezinhle zezimvu nezezinkabi ukuba bahlabele uJehova uNkulunkulu wakho;
ezinye siziqedile nya.

16 USamuweli wayesethi kuSawule: Kahle, ngikutshele lokho uJehova
akukhulumile kimi kulobu busuku. Wathi kuye: Khuluma.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Wathi uSamuweli: Nakuba wawumncane emehlweni akho, awenziwanga
yini waba yinhloko yezizwe zakwa-Israyeli na? UJehova wakugcoba, waba
yinkosi phezu kuka-Israyeli.

18UJehova wakuthuma indlela, wathi: Hamba uqede nya izoni, ama-Amaleki,
ulwe nawo aze aphele.

19Awulalelanga ngani izwi likaJehova, kepha watheleka phakathi
kwempango, wenza okubi emehlweni kaJehova, na?

20USawule wathi kuSamuweli: Ngililalele izwi likaJehova, ngihambile indlela
uJehova owangithuma yona, ngimlethile u-Agagi inkosi yama-Amaleki,
ngachitha impela ama-Amaleki.

21Kepha abantu bathatha kuyo impango, izimvu nezinkabi, okuhle
kokuqalekisiweyo, ukuba bahlabele uJehova uNkulunkulu wakho eGiligali.

22 USamuweli wathi: UJehova uyenamela yini iminikelo yokushiswa
nemihlatshelo, njengalokhu enamele ukulalelwa kwezwi likaJehova, na?
Bheka, ukulalela kuhle kunomhlatshelo, nokuqaphela kuhle kunamanoni
ezinqama.

23 Ngokuba ukwambuka kunjengesono sokubhula, nenkani ifana nokukhonza
izithombe namatherafi. Ngokuba ulilahlile izwi likaJehova, naye ukulahlile
wena ukuba ungabe usaba yinkosi.

24USawule wayesethi kuSamuweli: Ngonile, ngokuba ngeqile isiyalezo
sikaJehova namazwi akho, lokhu ngesaba abantu, ngalalela izwi labo.

25Ngalokho ake uthethelele isono sami, ubuye nami ukuba ngikhuleke
kuJehova.

26 USamuweli wathi kuSawule: Angiyikubuya nawe, ngokuba ulilahlile izwi
likaJehova, naye uJehova ukulahlile wena ukuba ungabe usaba yinkosi phezu
kuka-Israyeli.

27USamuweli esephenduka ukuhamba, wabamba umphetho wengubo yakhe,
yaklebhuka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28 USamuweli wathi kuye: UJehova uklebhulile umbuso ka-Israyeli kuwe namuhla, uwunikile umngane wakho omuhle kunawe.

29 IThemba Lika-Israyeli aliyikuqamba amanga, lizisole, ngokuba alisiye umuntu ukuba lizisole.

30 Wayesethi: Ngonile, kepha ake ungituse manje phambi kwamalunga abantu bami naphambi kuka-Israyeli, ubuye nami ukuba ngikhuleke kuJehova uNkulunkulu wakho.

31 USamuweli wabuya, wamlandela uSawule; uSawule wakhuleka kuJehova.

### OSamuweli no-Agagi

32 USamuweli wayesethi: Lethani kimi u-Agagi inkosi yama-Amaleki. U-Agagi wafika kuye esasile. U-Agagi wathi: Impela umunyu wokufa udlulile.

33 USamuweli wathi: Njengalokho inkemba yakho ibaphucile abesifazane abantwana, kanjalo unyoko uyakwaphucwa abantwana kunabanye. USamuweli wayesehlahlela u-Agagi phambi kukaJehova eGiligali.

34 USamuweli waya eRama, kepha uSawule wakhuphukela ekhaya eGibeya likaSawule.

35 USamuweli akaphindanga ukumbona uSawule waze wafa, kepha uSamuweli wamkhalela uSawule; uJehova wazisola ukuthi wayembekile uSawule inkosi phezu kuka-Israyeli.

## 1 uSamuweli 16

### Ukugcotshwa kukaDavide abe yinkosi

1 UJehova wathi kuSamuweli: Uyakumkhalela kuze kube nini na? Ngokuba ngimlahlile ukuba angabe esaba yinkosi phezu kuka-Israyeli. Gcwalisa uphondo lwakho ngamafutha, uhambe; ngiyakukuthuma kuJese waseBetlehema, ngokuba ngizibonele inkosi phakathi kwamadodana akhe.

2 Wathi uSamuweli: Ngingahamba kanjani? Uma uSawule ekuzwa, uyakungibulala. UJehova wathi: Hamba nesithokazi, uthi: Ngize ukuhlabela uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Mbize uJese ekuhlabeni; ngiyakukwazisa ukuthi uyakwenzani: uyakungigcobela lowo engiyakumusho kuwe.

4USamuweli wenza lokho akushoyo uJehova, waya eBetlehema. Amalunga omuzi amhlangabeza ethuthumela, athi: Ukufika kwakho kunokuthula na?

5 Wathi: Yebo, kunokuthula; ngize ukuhlabela uJehova; zingcweliseni, nize nami ekuhlabeni. Wabangcwelisa uJese namadodana akhe, wababiza ukuba beze ekuhlabeni.

6 Kwathi sebefikile, wabheka u-Eliyabe, wathi: Impela ogcotshiweyo kaJehova uphambi kwakhe.

7 Kepha uJehova wathi kuSamuweli: Ungabheki isimo sakhe nobude bomzimba wakhe, ngokuba ngimalile, lokhu uJehova engabukisi okomuntu; umuntu ubheka okusemehlweni, kepha uJehova ubheka okusenhliziyweni.

8UJese wayesebiza u-Abinadaba, wamdlulisa phambi kukaSamuweli. Wathi: Nalona uJehova akamkhethanga.

9UJese wayesedlulisa uShama. Wathi: Nalona uJehova akamkhethanga.

10UJese wadlulisa ayisikhombisa kumadodana akhe phambi kukaSamuweli. USamuweli wathi kuJese: UJehova akawakhethanga nalawa.

11 USamuweli wathi kuJese: Sebephelile abafana na? Wathi: Kusasele omncane; bheka, uyalusa izimvu. USamuweli wathi kuJese: Thumela umlande, ngokuba asiyikubuya, engakafiki lapha.

12Wathumela, wamngenisa. Wayebomvana enamehlo amahle, emuhle ngokubukwa. UJehova wathi: Suka umgcobe, ngokuba lona nguye.

13 USamuweli wayesethatha uphondo lwamafutha, wamgcoba phakathi kwabafowabo; uMoya kaJehova wehlela phezu kukaDavide ngamandla, kusukela kulolo suku kuya phambili. Wayesesuka uSamuweli, waya eRama.

### UDavide uya endlunkulu

14UMoya kaJehova wamuka kuSawule, nomoya omubi owavela kuJehova wamzuma.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Izinceku zikaSawule zathi kuye: Bheka-ke, umoya omubi ovela kuNkulunkulu ukuzumile.

16Mayisho inkosi yethu ukuba izinceku eziphambi kwakho zifune umuntu owazi ukubetha ihabhu; kuyakuthi lapho ufikelwa ngumoya omubi ovela kuNkulunkulu, abethe ngesandla sakhe, kube kuhle kuwe.

17USawule wayesethi kuzo izinceku zakhe: Ngiboneleni umuntu owazi ukubetha kahle, nimlethe kimi.

18Kwaphendula enye insizwa, yathi: Bheka, ngibonile indodana kaJese waseBetlehema eyazi ukubetha, eyiqhawe elinamandla, eyindoda yempi nehlakaniphile ekukhulumeni, ebukeka, emuhle futhi; uJehova unayo.

19Ngalokho uSawule wathuma izithunywa kuJese, wathi: Thuma kimi uDavide indodana yakho osezimvini.

20UJese wathatha imbongolo ithwele isinkwa, nemvaba yewayini, nezinyane lembuzi, wakuthuma kuSawule ngesandla sikaDavide indodana yakhe.

21UDavide wafika kuSawule, wema phambi kwakhe; wamthanda kakhulu, waba ludibi lwezikhali zakhe.

22USawule wathumela kuJese, wathi: Akeme phambi kwami uDavide, ngokuba ufumene umusa emehlweni ami.

23Kwathi nxa umoya owavela kuNkulunkulu emehlela uSawule, uDavide wathatha ihabhu, walibetha ngesandla sakhe; wayesekhululeka uSawule, waba ngcono, umoya omubi wamuka kuye.

## 1 uSamuweli 17

### UDavide ubulala umFilisti uGoliyati

1AmaFilisti abutha izimpi zawo ukuba alwe; abuthana eSoko lakwaJuda, amisa phakathi kweSoko ne-Azeka e-Efesi Damimi.

2USawule nabantu bakwa-Israyeli babuthana, bamisa esigodini sase-Ela, bahlela impi ukuhlangabezana namaFilisti.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

3 AmaFilisti ayemi entabeni ngalapha, u-Israyeli wayemi entabeni ngalapha; kwakukhona isigodi phakathi kwabo.

4 Kwaphuma iqhawe elikhulu ekamu lamaFilisti, igama lalo linguGoliyati waseGati, obude bakhe buyizingalo eziyisithupha nesandla.

5 Wayenesigqoko sethusi ekhanda, egqoke ibhantshi lensimbi; isisindo sebhantshi sasingamashekeli ayizinkulungwane eziyisihlanu ethusi.

6 Wayenezivikelo zethusi emilenzeni, nengcula yethusi phakathi kwamahlombe.

7 Uthi lomkhonto wakhe lwalunjengogongolo lomaluki; isihloko somkhonto sasingamashekeli angamakhulu ayisithupha ensimbi; ophethe isihlangu wahamba phambi kwakhe.

8 Wema, wamemeza ezinhleni zakwa-Israyeli, wathi kuzo: Niphumelani ukuhlela impi na? Angisiye umFilisti, nina niyizinceku zikaSawule, na? Zikhetheleni umuntu, ehle eze kimi.

9 Uma enamandla okulwa nami, angibulale, siyakuba yizigqila zenu; kepha uma ngimahlula, ngimbulale, niyakuba yizigqila zethu, nisikhonze.

10 UmFilisti wathi: Ngiyazeyisa namuhla izinhla zakwa-Israyeli; nginikeni umuntu, silwe naye.

11 Lapho uSawule naye wonke u-Israyeli bezwa lawo mazwi omFilisti, bashaywa luvalo, besaba kakhulu.

12 UDavide wayeyindodana yalowo mEfrati waseBetlehema Juda ogama lakhe lalinguJese; wayenamadodana ayisishiyagalombili; lowo muntu wayemdala ezinsukwini zikaSawule phakathi kwabantu.

13 Amadodana amathathu amakhulu kaJese ayemlandele uSawule ukuya empini; amagama amadodana akhe amathathu ayeyile empini ayengu-Eliyabe izibulo, emelamayo ngu-Abinadaba, neyesithathu nguShama.

14 UDavide nguye owayengomncinyane; amathathu amakhulu amlandela uSawule.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

15UDavide wahamba wabuya ukuyakwalusa izimvu zikayise eBetlehema.

16UmFilisti wasondela ekuseni nakusihlwa, wema khona izinsuku ezingamashumi amane.

17UJese wathi kuDavide indodana yakhe: Ake uthathele abafowenu i-efa lalolu tshwele nalezi zinkwa eziyishumi, usheshe uye ekamu labafowenu,

18uphathele induna yenkulungwane lawa makhekheba kashizi, ubheke impilo yabafowenu, uthathe isibambiso kubo.

19USawule nabo bonke abantu bakwa-Israyeli base besesigodini sase-Ela, belwa namaFilisti.

20UDavide wavuka ekuseni kakhulu, washiya izimvu kumlindi, wathatha, wahamba, njengalokho uJese amyale ngakho; wafika enqabeni yezinqola, impi isaphuma ukuyakuhlelwa, yahlaba umkhosi.

21U-Israyeli namaFilisti bahlela impi, babhekana.

22UDavide washiya impahla yakhe esandleni somlindi wempahla, wagijimela empini, wabingelela abafowabo.

23Kepha esakhuluma nabo, bheka, kwenyuka iqhawe elikhulu, umFilisti waseGati, nguGoliyati igama lalo, ephuma ezinhleni zamaFilisti, wakhuluma wona lawo mazwi; uDavide wawezwa.

24Bonke abantu bakwa-Israyeli sebebonile lo muntu bambalekela, besaba kakhulu.

25Abantu bakwa-Israyeli bathi: Nimbonile lowo muntu owenyukile na? Ngokuba wenyukile ukuyakweyisa u-Israyeli; kuyakuthi umuntu ombulalayo, inkosi imcebise ngengcebo enkulu, imnike indodakazi yayo, iyenze indlu kayise ibe ngekhululekile kwa-Israyeli.

26UDavide wakhuluma kubantu ababemi naye, wathi: Kuyakwenziwa ntoni kumuntu obulala lowo mFilisti, asuse ihlazo kwa-Israyeli, na? Ngokuba ngubani lowo mFilisti ongasokile ukuba ayeyise impi kaNkulunkulu ophilayo na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Abantu bamphendula ngalona lelo zwi; bathi-ke: Kuyakwenziwa kanjalo kumuntu ombulalayo.

28 U-Eliyabe umfowabo omkhulu wezwa lapho ekhuluma kubantu; intukuthelo ka-Eliyabe yamvuthela uDavide, wathi: Wehleleni na? Uzishiye kubani leziya zimvu ezingengakanani ehlane na? Mina ngiyakwazi ukuziphakamisa kwakho nobubi benhliziyo yakho, ngokuba wehlile ukuba ubuke impi.

29Kepha uDavide wathi: Ngenzeni na? Bekungumbuzo nje.

30Wamfulathela, wabheka komunye, wakhuluma lona lelo zwi; abantu bamphendula njengakuqala.

31Esezwakele amazwi abewakhulumile uDavide alandwa phambi kukaSawule; wambiza.

32UDavide wayesethi kuSawule: Makungaqedwa nhliziyo yamuntu ngalowo; inceku yakho iyakuhamba ilwe nalowo mFilisti.

33USawule wathi kuDavide: Awunamandla okuya kulowo mFilisti, ulwe naye, ngokuba ungumfana nje, yena eyindoda yempi kwasebusheni bakhe.

34UDavide wathi kuSawule: Inceku yakho yayizalusa izimvu zikayise; lapho kwafika ingonyama nebhere kwathatha imvu emhlambini,

35ngaphuma ngakulandela, ngakubulala, ngayophula emlonyeni wakho; lapho kwangivukela, ngakubamba ngesilevu, ngakwahlula, ngakubulala.

36Inceku yakho yahlula ingonyama nebhere, nalowo mFilisti ongasokile uyakuba njengenye yazo, lokhu eyeyisile impi kaNkulunkulu ophilayo.

37UDavide wathi: UJehova owangophula ozisheni lwengonyama nasozisheni lwebhere uyakungophula nasesandleni salowo mFilisti. USawule wathi kuDavide: Hamba, uJehova uyakuba nawe.

38USawule wamembathisa ezakhe izingubo, wamfaka isigqoko sethusi ekhanda, wamgqokisa ibhantshi lensimbi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

39UDavide wabhinca inkemba yakhe phezu kwezambatho zakhe, wazama
ukuhamba, ngokuba wayengakazilingi. UDavide wathi kuSawule:
Anginakuhamba nalezi, angikazilingi. UDavide wayesezikhumula.

40Wathatha induku yakhe ngesandla, wazikhethela amatshe ayisihlanu
abushelezi emfudlaneni, wawafaka esikhwameni somalusi ayenaso, eyikeni
lakhe, indwayimana yakhe isesandleni sakhe; wayesesondela kumFilisti.

41Weza umFilisti, wafika wasondela kuDavide; umuntu ophethe isihlangu
wahamba phambi kwakhe.

42 UmFilisti esabuka wambona uDavide, wameyisa, ngokuba wayengumfana
nje, ebomvana, ebukeka emuhle.

43UmFilisti wathi kuDavide: Ngiyinja yini ukuba uze kimi unezinduku na?
UmFilisti wamthuka uDavide ngawonkulunkulu bakhe.

44UmFilisti wathi kuDavide: Woza kimi, nginike izinyoni zezulu nezilwane
zasendle inyama yakho.

45 UDavide wayesethi kumFilisti: Wena uza kimi nenkemba, nomkhonto,
nengcula, kepha mina ngiza kuwe ngegama likaJehova Sebawoti,
uNkulunkulu wempi ka-Israyeli oyeyisile.

46Namuhla uJehova uyakukunikela esandleni sami; ngiyakukubulala, ngisuse
ikhanda lakho kuwe, nginike namuhla izinyoni zezulu nezilwane zomhlaba
izidumbu zempi yamaFilisti, ukuze umhlaba wonke wazi ukuthi kukhona
uNkulunkulu kwa-Israyeli,

47yazi yonke le nhlangano ukuthi uJehova akasindisi ngenkemba
nangomkhonto; ngokuba ukulwa kungokukaJehova; uyakuninikela esandleni
sethu.

48Kwathi lapho esuka umFilisti weza wasondela ukuhlangabezana noDavide,
uDavide washesha wagijimela ngasempini ukuhlangana nomFilisti.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

49UDavide wafaka isandla sakhe esikhwameni sakhe, wakhipha khona itshe,
waliphonsa, wamshaya umFilisti ebunzini, itshe lashona ebunzini, wawela
phansi ngobuso.

50UDavide wamahlula umFilisti ngendwayimana nangetshe, wamshaya
umFilisti, wambulala; kodwa kwakungekho nkemba esandleni sikaDavide.

51Wayesegijima uDavide, wema phezu komFilisti, wathatha inkemba yakhe,
wayihosha emgodleni wayo, wambulala, wamnquma ikhanda ngayo. Lapho
amaFilisti ebona ukuthi iqhawe lawo lifile, abaleka.

52Abantu bakwa-Israyeli nabakwaJuda basuka bakhamuluka, bawaxosha
amaFilisti kwaze kwaba seGayi nasemasangweni ase-Ekroni. Abalimeleyo
bamaFilisti bawa ngasendleleni eya eShaharayimi, kwaze kwaba seGati nase-
Ekroni.

53Abantwana bakwa-Israyeli babuya ekuxosheni amaFilisti, baphanga ikamu
lawo.

54 UDavide wathatha ikhanda lomFilisti, waliyisa eJerusalema; kepha wafaka
izikhali zakhe etendeni lakhe.

55Lapho uSawule embona uDavide ephuma ukuhlangabezana nomFilisti,
wathi ku-Abineri induna yempi: Abineri, yindodana kabani lo mfana na? U-
Abineri wathi: Kuphila kwakho, nkosi, angazi.

56Yayisithi inkosi: Buza wena ukuthi iyindodana kabani le nsizwa.

57UDavide esabuya ekubulaleni umFilisti, u-Abineri wamthatha wamyisa
phambi kukaSawule, ephethe ikhanda lomFilisti esandleni sakhe.

58USawule wathi kuye: Uyindodana kabani wena mfana na? UDavide
waphendula wathi: Ngiyindodana yenceku yakho uJese waseBetlehema.

## 1 uSamuweli 18

### UDavide uthandwa nguJonathani, uzondwa nguSawule

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Kwathi eseqedile ukukhuluma kuSawule, inhliziyo kaJonathani
yanamathela enhliziyweni kaDavide, uJonathani wamthanda njengenhliziyo
yakhe.

2 USawule wamthatha ngalolo suku, akabe esamvumela ukubuyela endlini
kayise.

3 OJonathani noDavide benza isivumelwano, ngokuba wamthanda
njengenhliziyo yakhe.

4 UJonathani wakhumula ingubo ayenayo, wayinika uDavide, nezinye
izambatho zakhe kwaze kwaba nenkemba yakhe, nomnsalo wakhe, nebhande
lakhe.

5 UDavide waphuma, waya nomaphi lapho uSawule emthuma khona,
waziphatha ngokuhlakanipha; uSawule wambeka phezu kwamadoda empi;
wayemuhle emehlweni abantu bonke nasemehlweni ezinceku zikaSawule.

6 Kwathi ekufikeni kwabo, uDavide esebuya ekubulaleni umFilisti,
abesifazane baphuma emizini yonke yakwa-Israyeli, behlabelela besina,
ukuba bamhlangabeze uSawule inkosi ngezigubhu, nangokuthokoza,
nangezinkenenezo.

7 Abesifazane bavumelana ngokudlala, bathi: USawule ubulele
izinkulungwane zakhe, kepha uDavide izinkulungwane zakhe eziyishumi.

8 USawule wathukuthela kakhulu, laba libi lelo zwi emehlweni akhe; wathi:
Bamnike uDavide izinkulungwane eziyishumi, kepha mina banginike
izinkulungwane nje; sekumsalele umbuso kuphela.

9 USawule wambheka uDavide kusukela kulolo suku kuya phambili.

10 Kwathi ngangomuso umoya omubi owavela kuNkulunkulu wamehlela
uSawule, wabheva phakathi kwendlu; uDavide wayebetha ngesandla sakhe
njengokwenza kwakhe izinsuku ngezinsuku; uSawule wayenomkhonto wakhe
esandleni sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11USawule wawuciba umkhonto, ngokuba wathi: Ngiyakumbhujela uDavide odongeni. Kepha uDavide washalaza phambi kwakhe kabili.

12USawule wamesaba uDavide, ngokuba uJehova wayenaye, kepha wayesukile kuSawule.

13Ngalokho uSawule wamsusa kuye, wambeka abe yinduna yakhe yenkulungwane; wayephuma engena phambi kwabantu.

14UDavide waziphatha ngokuhlakanipha kuzo zonke izindlela zakhe; uJehova wayenaye.

15Lapho uSawule ebona ukuthi waziphatha ngokuhlakanipha, wamesaba.

16Kepha wonke u-Israyeli noJuda bamthanda uDavide, ngokuba wayephuma engena phambi kwabo.

### UDavide umkhwenyana wenkosi

17USawule wathi kuDavide: Bheka, indodakazi yami enkulu uMerabi ngiyakukunika yona ibe ngumkakho; yiba yiqhawe lami kuphela, ulwe izimpi zikaJehova. Ngokuba uSawule wathi: Isandla sami masingabi phezu kwakhe, kepha isandla samaFilisti masibe phezu kwakhe.

18UDavide wathi kuSawule: Mina ngingubani, kuyini ukuphila kwami, nomndeni kababa uyini kwa-Israyeli ukuba ngibe ngumkhwenyana wenkosi?

19 Kepha kwathi ngesikhathi uMerabi indodakazi kaSawule ebeyakunikwa uDavide, wanikwa ku-Adriyeli waseMehola abe ngumkakhe.

20UMikhali indodakazi kaSawule wamthanda uDavide; bamtshela uSawule, kwaba kuhle emehlweni akhe.

21Wayesethi uSawule: Ngiyakumnika yena ukuba abe lugibe kuye, isandla samaFilisti sibe phezu kwakhe. Ngalokho uSawule wathi kuDavide: Uyakuba ngumkhwenyana wami ngokwesibili namuhla.

22USawule wayaleza izinceku zakhe ngokuthi: Khulumani noDavide ngasese, nithi: Bheka, inkosi yenamile ngawe, nazo zonke izinceku zayo ziyakuthanda; ngalokho yiba ngumkhwenyana wenkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Izinceku zikaSawule zakhuluma lawo mazwi ezindlebeni zikaDavide.
UDavide wathi: Kuyinto elula emehlweni enu ukuba ngibe ngumkhwenyana
wenkosi, lokhu ngingumuntu ompofu nodelelikileyo na?

24Izinceku zikaSawule zamtshela zathi: Wakhuluma kanjalo uDavide.

25 USawule wathi: Niyakusho kanje kuDavide, nithi: Inkosi ayifuni ilobolo,
kuphela amajwabu ayikhulu amaFilisti ukuba kuphindiswe ezitheni zenkosi.
USawule wacabanga ukumwisa uDavide ngesandla samaFilisti.

26Izinceku zakhe zamtshela uDavide lawo mazwi, kwaba kuhle emehlweni
kaDavide ukuba abe ngumkhwenyana wenkosi, kepha izinsuku
zazingakapheleli;

27 uDavide wasuka waya, yena nabantu bakhe, wabulala kuwo amaFilisti
abantu abangamakhulu amabili; uDavide waletha amajwabu abo, bawayisa
enkosini ephelele ukuba abe ngumkhwenyana wenkosi. USawule
wayesemnika uMikhali indodakazi yakhe abe ngumkakhe.

28USawule wabona, wazi ukuthi uJehova unoDavide; uMikhali indodakazi
kaSawule wamthanda.

29USawule wayesemesaba uDavide kakhulu; uSawule wayeyisitha sikaDavide
sonke isikhathi.

30Kwase kuphuma izikhulu zamaFilisti; kwathi njalo uma zisaphuma,
uDavide waziphatha ngokuhlakanipha kakhulu kunazo zonke izinceku
zikaSawule, laze laduma kakhulu igama lakhe.

## 1 uSamuweli 19

### UDavide ukhulunyelwa kuSawule nguJonathani

1 USawule wakhuluma kuJonathani indodana yakhe nakuzo zonke izinceku
zakhe ngokubulala uDavide. Kepha uJonathani indodana kaSawule
wamenamela kakhulu uDavide.

2UJonathani wamtshela uDavide, wathi: USawule ubaba ufuna ukukubulala;
ngalokho ake uxwaye kusasa, uhlale esitha, ucashe;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3ngiyakuphuma ngime ngakubaba endle lapho ukhona, ngikhulume ngawe nobaba; uma ngibona okuthile, ngiyakukutshela.

4UJonathani wakhuluma okuhle ngoDavide kuSawule uyise, wathi kuye: Inkosi mayingayoni inceku yayo uDavide, ngokuba akakonanga, nemisebenzi yakhe kuwe ilungile kakhulu;

5 wabeka ukuphila kwakhe esandleni sakhe, wabulala umFilisti, uJehova wamenzela wonke u-Israyeli insindiso enkulu, wakubona wena, wathokoza; pho, uyakulonelani igazi elingenacala, umbulale uDavide engone lutho na?

6USawule walilalela izwi likaJonathani; uSawule wafunga wathi: Kuphila kukaJehova, akayikubulawa.

7 UJonathani wambiza uDavide; uJonathani wamtshela konke lokho. UJonathani wamyisa uDavide kuSawule, waba khona ebusweni bakhe njengakuqala.

### USawule uphinda azame ukumbulala uDavide. Ukubaleka kukaDavide. UDavide useRama

8Kwabuye kwaba khona impi futhi; uDavide waphuma walwa namaFilisti, wawaceka ngokuceka okukhulu; ambalekela.

9 Umoya omubi owavela kuJehova wamehlela uSawule ehlezi endlini yakhe, ephethe umkhonto esandleni sakhe; uDavide wayebetha ngesandla.

10USawule wafuna ukumbhujela uDavide ngomkhonto odongeni, kepha wanyelela ebusweni bukaSawule, wagwaza ngomkhonto odongeni; uDavide wabaleka, waphunyuka ngalobo busuku.

11 USawule wathuma izithunywa endlini kaDavide ukuba zimlinde, zimbulale ekuseni; uMikhali umkaDavide wamtshela wathi: Uma ungasindisi ukuphila kwakho ngalobu busuku, uyakubulawa kusasa.

12UMikhali wamehlisa uDavide ngefasitele, wahamba, wabaleka, waphunyuka.

13UMikhali wathatha itherafi, walibeka embhedeni, wabeka isicamelo soboya bezimbuzi ngasekhanda lalo, walembesa izingubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Lapho uSawule esethuma izithunywa ukumthatha uDavide, wathi: Uyagula.

15 USawule wathuma izithunywa ukumbona uDavide, ethi: Mkhuphuleni kimi ngombhede ukuba ngimbulale.

16 Lapho izithunywa zingena, bheka, itherafi lalisembhedeni, isicamelo soboya bezimbuzi singasekhanda lalo.

17 USawule wathi kuMikhali: Ungikhohliseleni kanje, uvumele isitha sami ukuba sihambe, siphunyuke, na? UMikhali wamphendula uSawule ngokuthi: Wathi kimi: Ngivumele ukuba ngihambe; ngiyakukubulalelani na?

18 Wayesebaleka uDavide, waphunyuka, waya kuSamuweli eRama, wamtshela konke uSawule abekwenzile kuye. Yena noSamuweli baya bahlala eNayoti.

19 Kwabikwa kuSawule, kwathiwa: Bheka, uDavide useNayoti eRama.

20 USawule wathuma izithunywa ukumthatha uDavide; lapho zibona iviyo labaprofethi beprofetha, uSamuweli emi engumholi wabo, uMoya kaNkulunkulu wazehlela izithunywa zikaSawule, nazo zaprofetha.

21 Kwabikwa kuSawule; wathuma ezinye izithunywa; nazo zaprofetha. USawule wayesephinda wathuma izithunywa ngokwesithathu; nazo zaprofetha.

22 Wayeseya naye eRama, wafika emthonjeni oseSeku, wabuza ukuthi: Baphi oSamuweli noDavide na? Kwathiwa: Bheka, baseNayoti eRama.

23 Wayeseya khona eNayoti eRama; uMoya kaNkulunkulu wehlela naphezu kwakhe, wahambahamba waprofetha, waze wafika eNayoti eRama.

24 Naye wakhumula izingubo zakhe, waprofetha naye phambi kukaSamuweli, walala phansi enqunu lonke lolo suku nabo bonke lobo busuku. Ngalokho kwathiwa: Naye uSawule uphakathi kwabaprofethi na?

## 1 uSamuweli 20

### UJonathani uphinda amkhulumele uDavide

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

1 UDavide wabaleka eNayoti eRama, weza, wathi phambi kukaJonathani: Ngenzeni na? Liyini icala lami na? Siyini isono sami phambi kukayihlo ukuba afune ukuphila kwami na?

2 Wathi kuye: Makube kude lokho; awuyikufa; bheka, ubaba akenzi lutho olukhulu noma oluncane engakwambuleli kimi; pho, ubaba ubeyakungifihlela le nto na? Akuyikuba njalo.

3 UDavide wabuye wafunga, wathi: Uyihlo uyazi kahle ukuthi ngifumene umusa emehlweni akho; uthi: Makangazi lokhu uJonathani, funa abe nosizi. Kepha, kuphila kukaJehova nokuphila kwakho, kukhona isinyathelo esisodwa nje phakathi kwami nokufa.

4 UJonathani wayesethi kuDavide: Noma kuyini inhliziyo yakho ekushoyo, ngiyakukwenzela khona.

5 UDavide wathi kuJonathani: Bheka, kusasa iyakwethwasa inyanga; angifanele ukuphutha ukuhlala nenkosi ekudleni, kepha ngivumele ukuba ngihambe, ngicashe endle kuze kube sosukwini lwesithathu ngakusihlwa.

6 Uma uyihlo engifica ngingekho, wothi: UDavide wacela nokucela ukuba agijimele eBetlehema umuzi wakhe, ngokuba kukhona lapho umhlatshelo weminyaka ngeminyaka owenzelwa wonke umndeni wakubo.

7 Uma esho ukuthi: Kulungile, inceku yakho iyakuba nokuthula; kepha uma ethukuthela, yazi-ke ukuthi unqume okubi.

8 Ngalokho yenzela inceku yakho isihawu, ngokuba ungenisile inceku yakho esivumelwaneni sikaJehova nawe; kepha uma kukhona ububi kimi, ngibulale wena, ngokuba ubuyakungiyiselani kuyihlo na?

9 UJonathani wathi: Makube kude nawe, ngokuba uma bengazi nakanci ukuthi kunqunywe okubi ngubaba ukuba wehlelwe yikho, bengingayikukutshela na?

10 UDavide wayesethi kuJonathani: Ngubani oyakungitshela, uma mhlawumbe uyihlo ekuphendula kabi na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 UJonathani wathi kuDavide: Woza siye endle. Baphuma bobabili, baya
endle.

12 UJonathani wathi kuDavide: Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, nxa
ngimphenya ubaba ngalesi sikhathi kusasa noma ngomhlomunye, bheka, uma
kukuhle kuDavide, ngiyakuthumela kuwe, ngikwambulele kuwe.

13 UJehova makenze njalo kuJonathani, enezele futhi, uma kukuhle kubaba
ukukwenzela okubi, ngingakwambuleli kuwe, ngikuvumele ukuba uhambe
kahle; uJehova makabe nawe, njengalokho ayenobaba.

14 Awuyikungenzela umusa kaJehova ukuba ngingafi ngisekhona kuphela,

15 kepha futhi mawunganqumi isihawu sakho endlini yami kuze kube
phakade, hhayi nalapho uJehova esenqumile zonke izitha zikaDavide
ebusweni bomhlaba.

16 UJonathani wayesenza isivumelwano nendlu kaDavide; futhi uJehova
wakubiza esandleni sezitha zikaDavide.

17 UJonathani waphinda wamfungisa ukumthanda kwakhe, ngokuba
wamthanda njengokuba ethanda umphefumulo wakhe.

18 UJonathani wayesethi kuye: Kusasa iyakwethwasa inyanga; uyakuficwa
ungekho, ngokuba isihlalo sakho siyakuba ze.

19 Usuhlalile izinsuku ezintathu; yehla masinyane, uye kuleyo ndawo
owacasha kuyo ngosuku lwesenzo leso, uhlale ngasetsheni lase-Ezeli.

20 Ngiyakucibishela imicibisholo emithathu ngaseceleni kwalo, kungathi
ngicibishela isigcibisholo.

21 Bheka, ngiyakuthuma umfana ngokuthi: Hamba ufune imicibisholo. Uma
ngithi kumfana: Bheka, imicibisholo inganeno kwakho, yithathe, woza wena,
ngokuba ungaba nokuthula, akukho lutho, kuphila kukaJehova.

22 Kepha uma ngithi kanje kumfana: Bheka, imicibisholo ingalaphaya kwakho,
hamba, ngokuba uJehova ukumukisile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Namaqondana nendaba esikhulume ngayo mina nawe, bheka, uJehova uphakathi kwakho nami kuze kube phakade.

24 UDavide wacasha masinyane endle; isethwasile inyanga, inkosi yahlala ekudleni ukuba idle.

25 Inkosi yahlala esihlalweni sayo njengakwezinye izikhathi, isihlalo esingasodongeni; uJonathani wema, u-Abineri wahlala ngaseceleni kukaSawule; kepha indawo kaDavide yayiyize.

26 Kodwa uSawule akakhulumanga lutho ngalolo suku, ngokuba wacabanga ukuthi: Okuthile kumehlele; akahlambulukile, impela akahlambulukile.

27 Kwathi ngangomuso emva kokwethwasa kwenyanga ngolwesibili indawo kaDavide yayiyize; uSawule wathi kuJonathani indodana yakhe: Indodana kaJese ayifikanga ngani ekudleni nayizolo nanamuhla na?

28 UJonathani wamphendula uSawule, wathi: UDavide wangicela nokungicela ukuba aye eBetlehema,

29 wathi: Ake ungivumele ukuba ngihambe, ngokuba umndeni wakithi unomhlatshelo emzini; umfowethu ungiyalile; manje-ke, uma ngifumene umusa emehlweni akho, mangihambe ngibone abafowethu. Ngalokho akafikanga etafuleni lenkosi.

30 Intukuthelo kaSawule yayisimvuthela uJonathani, wathi kuye: Wena ndodana yowesifazane owonakeleyo nohlubukileyo, angazi yini ukuthi ukhethile indodana kaJese kube yihlazo lakho nehlazo lobunqunu bukanyoko, na?

31 Ngokuba izinsuku zonke indodana kaJese isekhona emhlabeni awuyikuzinza nombuso wakho. Ngalokho thumela umlethe kimi, ngokuba ungowokufa yena.

32 UJonathani wamphendula uSawule uyise, wathi kuye: Uyakubulalelwani? Wenzeni na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

33USawule wamgema ngomkhonto ukuba amgwaze; wayesekwazi uJonathani ukuthi uyise unqume ukumbulala uDavide.

34UJonathani wasuka etafuleni evutha ulaka, akadlanga kudla ngosuku lwesibili lwenyanga, ngokuba wayenosizi ngenxa kaDavide, lokhu uyise emhlazisile.

35Kwathi ekuseni uJonathani waphuma, waya endle ngesikhathi abasimisile noDavide, umfana omncane enaye.

36Wathi kumfana wakhe: Gijima, ufune imicibisholo engiyicibishelayo. Esagijima umfana, wacibishela umcibisholo ngaphambi kwakhe.

37Umfana esefikile endaweni yomcibisholo uJonathani ayicibisheleyo, uJonathani wamemeza emva komfana, wathi: Umcibisholo awungaphambi kwakho na?

38UJonathani wamemeza emva komfana, wathi: Shesha, ukhawuleze, ungemi. Umfana kaJonathani waqoqa imicibisholo, wafika enkosini yakhe.

39Kepha umfana wayengazi lutho; oJonathani noDavide kuphela babeyazi le ndaba.

40UJonathani wanika umfana wakhe izikhali zakhe, wathi kuye: Hamba, uziyise emzini.

41Esehambile umfana, uDavide wavuka ngaseningizimu, wawa phansi ngobuso bakhe, wakhothama kathathu; bangana, bakhalelana, waze wakhala kakhulu uDavide.

42UJonathani wathi kuDavide: Hamba kahle, lokhu sifungile sobabili igama likaJehova ngokuthi: UJehova uyakuba phakathi kwami nawe naphakathi kwenzalo yami nenzalo yakho kuze kube phakade. Wavuka, wahamba; uJonathani wangena emzini.

## 1 uSamuweli 21

### UDavide ukumpristi u-Ahimeleki eNobi. Ubaleka aye ku-Akhishi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1UDavide wayeseya eNobi ku-Ahimeleki umpristi; u-Ahimeleki waya
ukumhlangabeza uDavide ethuthumela, wathi kuye: Yini ukuba uwedwa,
kungekho muntu nawe, na?

2UDavide wathi ku-Ahimeleki umpristi: Inkosi ingiyalezile udaba, yathi kimi:
Makungazi muntu ngalolu daba engikuthuma ngalo nengikuyale ngalo.
Izinsizwa zami ngizazisile indawo ethile.

3Manje kuyini okuphansi kwesandla sakho na? Nginike esandleni sami
izinkwa eziyisihlanu noma kuyini okukhona.

4 Umpristi wamphendula uDavide, wathi: Asikho isinkwa esivamileyo nje
phansi kwesandla sami, kepha kukhona isinkwa esingcwele, uma izinsizwa
zizigcinile esifazaneni kuphela.

5 UDavide wamphendula umpristi, wathi: Impela abesifazane bavinjelwe
kithina ngalezi zinsuku; izinto zezinsizwa zazingcwele ekuphumeni kwami;
noma kuyindlela evamileyo nje, izinto zazo zisengcwele nanamuhla.

6 Umpristi wayesemnika isinkwa esingcwele, ngokuba kwakungekho sinkwa
lapho, isinkwa sokubukwa kuphela, ebesisusiwe phambi kukaJehova ukuba
kubekwe isinkwa esisashisayo mhla sisuswa.

7 Kepha umuntu othile wezinceku zikaSawule wayelapho ngalolo suku,
ebambekile phambi kukaJehova, ogama lakhe lalinguDowegi wabakwa-
Edomi, omkhulu wabelusi bakaSawule.

8UDavide wathi ku-Ahimeleki: Akukho lapho phansi kwesandla sakho
umkhonto noma inkemba na? Ngokuba angifikanga nenkemba yami nezikhali
zami, ngokuba udaba lwenkosi lwalusheshisa.

9 Wayesethi umpristi: Inkemba kaGoliyati umFilisti owambulala esigodini
sase-Ela, bheka, ilapho, isongiwe ngengubo emva kwengubo yamahlombe.
Uma uthanda ukuyithatha, yithathe, ngokuba ayikho lapha enye ngaphandle
kwayo. UDavide wathi: Ayikho enjengayo; nginike yona.

10 Wayesesuka uDavide, wabaleka ngalolo suku ngokwesaba uSawule, waya
ku-Akhishi inkosi yaseGati.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Izinceku zika-Akhishi zathi kuye: Lo akasiye uDavide, inkosi yezwe, na? Abavumelananga yini ngaye omunye nomunye, besina bethi: USawule ubulele izinkulungwane zakhe, kepha uDavide izinkulungwane zakhe eziyishumi, na?

12UDavide wabeka lawo mazwi enhliziyweni yakhe, wamesaba kakhulu u-Akhishi inkosi yaseGati.

13Waguquka ingqondo phambi kwabo, wazenza ohlanyayo ezandleni zabo, wadweba ezivalweni zamasango, wehlisela amathe esilevini.

14U-Akhishi wayesethi ezincekwini zakhe: Bheka, uyabona ukuthi lo muntu uyahlanya; nimletheleni kimi na?

15Ngiswele izinhlanya yini ukuba nimlethe lo muntu ukuzenza uhlanya ebusweni bami na? Angene endlini yami lona na?

## 1 uSamuweli 22

### UDavide uyisibaleki emhumeni wase-Adulamu nakwaMowabi

1 UDavide wayesesuka khona, wabaleka, waya emhumeni wase-Adulamu; lapho abafowabo nabo bonke abendlu kayise bekuzwa, behlela khona kuye.

2Kwabuthana kuye bonke abanosizi, nabo bonke abanesikwenetu, nabo bonke abanenhliziyo enomunyu, waba yinduna phezu kwabo; kwakukhona naye kungathi abantu abangamakhulu amane.

3UDavide wasuka khona, waya eMispa lakwaMowabi, wathi enkosini yakwaMowabi: Ake beze ubaba nomame, bahlale kini, ngize ngazi ukuthi uNkulunkulu uyakwenzani kimi.

4Wabaletha phambi kwenkosi yakwaMowabi, bahlala kuye zonke izinsuku uDavide esenqabeni.

5 Umprofethi uGadi wathi kuDavide: Ungahlali enqabeni; hamba uye ezweni lakwaJuda. Wayesesuka uDavide, wafika ehlathini laseHereti.

### USawule ubulala abaseNobi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6USawule wezwa ukuthi uDavide uyaziwa nabantu ababe naye; uSawule wayehlezi eGibeya phansi komtamariske egqumeni ephethe umkhonto esandleni sakhe, zonke izinceku zimi ngakuye.

7 USawule wathi ezincekwini zakhe ezazimi ngakuye: Yizwani nina bakwaBenjamini; indodana kaJese iyakuninika nonke amasimu nezivini, inenze nonke nibe yizinduna zezinkulungwane nezinduna zamakhulu,

8 ngokuba ningenzele nonke ugobe, akwababikho ongitshelileyo lapho indodana yami yenza isivumelwano nendodana kaJese, akwababikho kini ongidabukelayo nongitshelayo ukuthi indodana yami ingivusele inceku yami ukuba ingiqamekele njenganamuhla.

9 UDowegi wakwa-Edomi owayemi ngakuzo izinceku zikaSawule waphendula wathi: Ngabona indodana kaJese iza eNobi ku-Ahimeleki indodana ka-Ahithubi.

10 Wambuzela kuJehova, wamnika umphako, wamnika nenkemba kaGoliyati umFilisti.

11Inkosi yayisithumela ukubiza u-Ahimeleki umpristi, indodana ka-Ahithubi, nendlu yonke kayise, abapristi ababeseNobi; beza bonke enkosini.

12USawule wathi: Yizwa-ke, wena ndodana ka-Ahithubi. Waphendula wathi: Ngilapha, nkosi.

13USawule wathi kuye: Ningenzeleleni ugobe, wena nendodana kaJese, ngokuyinika isinkwa nenkemba, uyibuzele kuNkulunkulu ukuba ingivukele, ingiqamekele njenganamuhla, na?

14 U-Ahimeleki waphendula inkosi, wathi: Ngubani kuzo zonke izinceku zakho othembekile njengoDavide, umkhwenyana wenkosi, nenduna yabalindi bakho, nodumileyo endlini yakho, na?

15Ngiqale namuhla yini ukumbuzela kuJehova na? Makube kude nami; inkosi mayingabeki cala encekwini yayo, nakuyo yonke indlu kababa, ngokuba inceku yakho ayazi lutho lwayo yonke le ndaba, oluncane noma olukhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[16]Inkosi yayisithi: Uyakufa nokufa, Ahimeleki, wena nayo yonke indlu kayihlo.

[17]Inkosi yathi kuzo izigijimi ezazimi ngakuyo: Sondelani, nibulale abapristi bakaJehova, ngokuba nesandla sabo sinaye uDavide nangokuba bazi ukuthi uDavide wabaleka, bengakwambulelanga kimi. Kepha izinceku zenkosi azivumanga ukwelula isandla sazo ukuba zisukele abapristi bakaJehova.

[18] Inkosi yathi kuDowegi: Sondela wena, usukele abapristi. UDowegi wabakwa-Edomi wasondela, wabasukela abapristi, wabulala ngalolo suku abantu abangamashumi ayisishiyagalombili nanhlanu, abembethe ingubo yamahlombe yelineni.

[19] INobi, umuzi wabapristi, walichitha ngosiko lwenkemba, abesilisa nabesifazane, izingane nabancelayo, izinkabi nezimbongolo nezimvu, ngosiko lwenkemba.

[20]Omunye wamadodana ka-Ahimeleki indodana ka-Ahithubi ogama lakhe lingu-Abiyathara wabaleka, wamlandela uDavide.

[21]U-Abiyathara wamtshela uDavide ukuthi uSawule ubulele abapristi bakaJehova.

[22]UDavide wathi ku-Abiyathara: Ngazi ngalolo suku mhla uDowegi wakwa-Edomi elapho ukuthi uyakumtshela nokumtshela uSawule; yimi engibangele ukuba bafe abantu bonke bendlu kayihlo.

[23]Hlala kimi, ungesabi, ngokuba ofuna ukuphila kwami ufuna ukuphila kwakho, kepha uyakulondolozeka kimi.

## 1 uSamuweli 23

### Ukukhululwa kweKeyila

[1]Kwabikwa kuDavide ukuthi: Bheka, amaFilisti ayalwa neKeyila, aphanga izibuya.

[2] Ngalokho uDavide wabuza kuJehova, wathi: Ngiye ngibulale lawo maFilisti na? UJehova wathi kuDavide: Hamba uwabulale amaFilisti, usindise iKeyila.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Abantu bakaDavide bathi kuye: Bheka, siyesaba lapha kwaJuda; kakhulu kangakanani, uma siya eKeyila, silwe nezimpi zamaFilisti na?

4UDavide waphinda wabuza kuJehova. UJehova wamphendula wathi: Suka wehlele eKeyila, ngokuba ngiyakunikela amaFilisti esandleni sakho.

5UDavide nabantu bakhe baya eKeyila, balwa namaFilisti, bathumba izinkomo zawo, bawaceka ngokuceka okukhulu. Wayesebasindisa uDavide abaseKeyila.

6 Kwathi lapho u-Abiyathara indodana ka-Ahimeleki ebaleka eya kuDavide eKeyila, wehla, ingubo yamahlombe isesandleni sakhe.

7Kwabikwa kuSawule ukuthi uDavide ufikile eKeyila. Wayesethi uSawule: UNkulunkulu umkhaphele esandleni sami, ngokuba uzivalele ngokungena emzini onamasango nemigoqo.

8USawule wabiza abantu bonke, baye empini, behlele eKeyila, bavimbezele uDavide nabantu bakhe.

9 UDavide wazi ukuthi uSawule uceba okubi ngaye; wathi ku-Abiyathara umpristi: Letha ingubo yamahlombe.

10Wayesethi uDavide: Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, inceku yakho izwile nokuzwa ukuthi uSawule ufuna ukuza eKeyila ukuba achithe umuzi ngenxa yami.

11Abantu baseKeyila bayakungikhaphela yini esandleni sakhe na? USawule uyakwehla njengalokho inceku yakho izwile na? Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, ake uyitshele inceku yakho. Wathi uJehova: Uyakwehla.

12Wayesethi uDavide: Abantu baseKeyila bayakungikhaphela mina nabantu bami esandleni sikaSawule na? Wathi uJehova: Bayakukukhaphela.

13Wayesesuka uDavide nabantu bakhe kungathi abangamakhulu ayisithupha, baphuma eKeyila, bahamba lapho bebenokuhamba khona. Kwabikwa kuSawule ukuthi uDavide ubalekile eKeyila; wayeseyeka ukuphuma.

**UJonathani ukuDavide eZifi**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14UDavide wahlala ehlane ezinqabeni, wahlala ezintabeni ezisehlane laseZifi. USawule wamfuna zonke izinsuku, kepha uNkulunkulu akamnikelanga esandleni sakhe.

15UDavide wabona ukuthi uSawule uphumele ukufuna ukuphila kwakhe; uDavide wayesehlane laseZifi eHoreshi.

16Kwasuka uJonathani indodana kaSawule, waya kuDavide eHoreshi, waqinisa isandla sakhe kuNkulunkulu.

17 Wathi kuye: Ungesabi, ngokuba isandla sikaSawule ubaba asiyikukufumana; wena uyakuba yinkosi phezu kuka-Israyeli, mina ngikwelame; noSawule ubaba uyakwazi lokho.

18 Benza isivumelwano bobabili phambi kukaJehova; uDavide wahlala eHoreshi, uJonathani waya endlini yakhe.

**Inkohliso yabaseZifi**

19 Kwase kwenyuka abaseZifi, baya kuSawule eGibeya, bathi: UDavide akacashi yini kithi ezinqabeni zaseHoreshi entabeni yaseHakhila elingaseningizimu kwasehlane na?

20Ngalokho yehla, nkosi, uma kuyisifiso senhliziyo yakho ukwehla, thina simkhaphele esandleni senkosi.

21USawule wathi: Manibusiswe, ngokuba ningihawukele.

22Manihambe, niqinise, nazi, nibone indawo yakhe lapho kukhona unyawo lwakhe nokuthi ubonwe ngubani khona, ngokuba ngitsheliwe ukuthi unobuqili impela.

23Bhekani, nizazi zonke izindawo zokucasha, lapho ecasha khona, nibuyele kimi nineqiniso; ngiyakuhamba nani; kuyakuthi uma ekhona ezweni, ngimfice phakathi kwayo yonke imindeni yakwaJuda.

24Base besuka, baya eZifi phambi kukaSawule; kepha uDavide nabantu bakhe babesehlane laseMahoni e-Araba ngaseningizimu kwasehlane.

**UDavide useMahoni**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25USawule nabantu bakhe baya ukumfuna. UDavide watshelwa; wehlela-ke eweni, wahlala ehlane laseMahoni. USawule ekuzwa, wamxosha uDavide ehlane laseMahoni.

26USawule wahamba ngalapha kwentaba, uDavide nabantu bakhe bahamba ngale kwentaba; uDavide washesha wahamba ngokumesaba uSawule, ngokuba uSawule nabantu bakhe bahaqa uDavide nabantu bakhe ukuba bababambe.

27Kepha kwafika isithunywa kuSawule, sithi: Shesha ufike, ngokuba amaFilisti angenele izwe.

28Wayesebuya uSawule ekumxosheni uDavide, wahamba ukuhlangabezana namaFilisti; ngalokho babiza leyo ndawo ngokuthi iSela Hamalekoti.

29UDavide wakhuphuka lapho, wahlala ezinqabeni zase-Eni Gedi.

## 1 uSamuweli 24

### ODavide noSawule basemhumeni wase-Eni Gedi

1Kwathi uSawule esebuyile ekuxosheni amaFilisti, kwabikwa kuye ukuthi: Bheka, uDavide usehlane lase-Eni Gedi.

2 USawule wayesethatha abantu abayizinkulungwane ezintathu abakhethiweyo kuye wonke u-Israyeli, wahamba ukumfuna uDavide nabantu bakhe emaDwaleni amaGogo.

3 Wafika ezibayeni zezimvu ngasendleleni, lapho kukhona umhume; uSawule wangena khona ukuba embese izinyawo zakhe. UDavide nabantu bakhe babehlezi emuva emhumeni.

4 Abantu bakaDavide bathi kuye: Bheka, nantu usuku uJehova asho ngalo kuwe ukuthi: Bheka, ngiyakunikela isitha sakho esandleni sakho, wenze kuso okuhle emehlweni akho. Wayesesuka uDavide, wasika ngasese umphetho wengubo kaSawule.

5 Kwathi ngasemuva uDavide wahlabeka enhliziyweni, ngokuba wayesikile umphetho wengubo kaSawule.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Wathi kubantu bakhe: Makube kude nami, Jehova, ukuba ngenze okunjalo kuyo inkosi yami, ogcotshiweyo kaJehova, ngelulele isandla sami kuye, lokhu engogcotshiweyo kaJehova.

7 UDavide wabathiya ngalawo mazwi, akabavumelanga ukuba bamvukele uSawule. USawule wasuka emhumeni, wahamba.

8Naye uDavide wasuka ngasemuva, waphuma emhumeni, wamemeza emva kukaSawule, ethi: Nkosi yami, nkosi! USawule wabheka emuva, uDavide wakhothamela phansi ngobuso, wakhuleka.

9UDavide wathi kuSawule: Ulalelelani amazwi abantu abathi: Bheka, uDavide ufuna ukukulimaza ?

10Bheka, namuhla amehlo akho abonile ukuthi uJehova wayekunikele esandleni sami emhumeni; abanye bathi mangikubulale, kepha ngakuhawukela, ngathi: Angiyikwelulela isandla sami kuyo inkosi yami, ngokuba ingogcotshiweyo kaJehova.

11Futhi, baba, bheka, yebo, bheka, umphetho wengubo yakho usesandleni sami, ngokuba lokhu ngasika umphetho wengubo yakho ngingakubulalanga, yazi, ubone ukuthi akukho bubi nasiphambeko esandleni sami, angonanga kuwe, noma uqamekela ukuphila kwami ukuba ukuthathe.

12UJehova makahlulele phakathi kwami nawe, uJehova angiphindisele kuwe, kepha isandla sami asiyikuba phezu kwakho.

13 Kunjengesaga sasendulo esithi: Kwababi kuvela okubi; ngalokho isandla sami asiyikuba phezu kwakho.

14 Inkosi yakwa-Israyeli iphumele ukulandela bani na? Uxosha bani na? Uxosha inja efileyo, intwakumba eyodwa nje.

15 UJehova makabe ngumahluleli, ahlulele phakathi kwami nawe, abheke, angimele, angikhulule esandleni sakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Kwathi uDavide eseqedile ukukhuluma lawo mazwi kuSawule, uSawule wathi: Yizwi lakho leli, ndodana yami Davide, na? USawule wadazuluka, wakhala.

17 Wayesethi kuDavide: Ulungile kunami, ngokuba wena ungiphindisele ngokuhle, kepha mina ngikuphindisele ngokubi.

18Ulandile namuhla ukuthi ungenzele okuhle, njengokuba, lapho uJehova ebenginikele esandleni sakho, awungibulalanga.

19 Ngokuba uma umuntu efica isitha sakhe, uyasivumela ukuba sihambe ngendlela enhle na? UJehova makakuphindisele ngokuhle ngokwenzileyo kimi namuhla.

20Manje bheka, ngiyazi ukuthi uyakuba yinkosi impela, nombuso wakwa-Israyeli uyakuqiniswa esandleni sakho.

21 Ngalokho ngifungele uJehova ukuthi awuyikunquma inzalo yami emva kwami nokuthi awuyikwesula igama lami endlini kababa.

22UDavide wafunga kuSawule; uSawule wagoduka, kepha uDavide nabantu bakhe bakhuphukela enqabeni.

## 1 uSamuweli 25

### Ukufa nokumbelwa kukaSamuweli. ONabali no-Abigayili

1 USamuweli wafa; wahlangana wonke u-Israyeli, wamlilela, wammbela ngasendlini yakhe eRama. UDavide wasuka, wehlela ehlane lasePharanu.

2 Kwakukhona umuntu eMahoni onemfuyo yakhe eKarmeli; lowo muntu wayemkhulu kakhulu, wayenezimvu eziyizinkulungwane ezintathu nezimbuzi eziyinkulungwane; wayezigunda izimvu zakhe eKarmeli.

3Igama lalowo muntu lalinguNabali; igama lomkakhe lalingu-Abigayili; owesifazane wayehlakaniphile, ebukeka emuhle, kepha indoda yayilukhuni inobubi emisebenzini yayo; yayingekaKalebi.

4UDavide wezwa ehlane ukuthi uNabali ugunda izimvu zakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[5]UDavide wathuma izinsizwa eziyishumi; uDavide wathi kuzo izinsizwa: Khuphukelani eKarmeli, niye kuNabali, nimbingelele egameni lami,

[6]nithi kumfowethu: Ukuthula makube kuwe, ukuthula nakube kuyo indlu yakho, ukuthula makube kukho konke onakho.

[7] Manje sengizwile ukuthi unabagundi; abelusi bakho babe nathi, asibalimazanga, abalahlekelwa lutho zonke izinsuku beseKarmeli.

[8]Buza izinsizwa zakho, ziyakukutshela; ngalokho izinsizwa mazithole umusa emehlweni akho, ngokuba sifikile ngosuku oluhle; ake unike izinceku zakho nendodana yakho uDavide okungafunyanwa esandleni sakho.

[9]Sezifikile izinsizwa zikaDavide zakhuluma kuNabali njengawo onke lawo mazwi egameni likaDavide, bese zilinda.

[10]UNabali waziphendula izinceku zikaDavide, wathi: Ngubani uDavide na? Ngubani indodana kaJese na? Namuhla kukhona izinceku eziningi ezeqa emakhosini azo.

[11]Ngithathe yini isinkwa sami, namanzi ami, nengikuhlabele abagundi bami, ngikuphe abantu engingabazi ukuthi bavelaphi, na?

[12]Zase ziphenduka izinsizwa zikaDavide endleleni yazo, zabuyela, zamtshela onke lawo mazwi.

[13]UDavide wathi kubantu bakhe: Bhincani, kube yilowo nalowo inkemba yakhe. Zabhinca-ke, kwaba yilowo nalowo inkemba yakhe; naye uDavide wabhinca inkemba yakhe; kwakhuphuka emva kukaDavide abantu kungathi abangamakhulu amane, kepha abangamakhulu amabili bahlala empahleni.

[14]Kodwa enye yezinsizwa yamtshela u-Abigayili umkaNabali, yathi: Bheka, uDavide wathuma izithunywa zivela ehlane ukuba zibingelele inkosi yethu, kepha yazithukuthelela.

[15]Nokho labo bantu basiphatha kahle, asilimalanga, asilahlekelwanga lutho zonke izinsuku sisahambisana nabo sisendle;

[16]babe lugange kithi ubusuku nemini, sonke isikhathi sinabo salusa izimvu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Ngalokho yazi, ubone ukuthi uyakwenzani, ngokuba okubi sekunqunyelwe inkosi yethu nendlu yayo yonke, lokhu engumuntu omubi kangaka, ukuze umuntu angekhulume naye.

18 U-Abigayili wayesesheshа, wathatha izinkwa ezingamakhulu amabili, nezimvaba ezimbili zewayini, nezimvu eziyisihlanu ezilungisiweyo, namaseya ayisihlanu otshwele, nezigaxa eziyikhulu zezithelo zomvini ezomileyo, nezigaxa ezingamakhulu amabili zamakhiwane, wakubeka ezimbongolweni.

19 Wathi kuzo izinsizwa: Hambani phambi kwami; bhekani, ngiyanilandela. Kepha akayitshelanga indoda yakhe uNabali.

20 Kwathi esakhwele imbongolo, esehla endaweni esithekileyo yentaba, bheka, kwehlela kuye uDavide nabantu bakhe, wahlangana nabo.

21 UDavide wayeshilo ukuthi: Impela ngikugcinele ize konke lowo muntu anakho ehlane ukuba angalahlekelwa lutho lwakho konke okwakhe, ngokuba ungibuyisele okubi ngokuhle.

22 UNkulunkulu makenze njalo kuzo izitha zikaDavide, enezele futhi, uma ngishiya ngasekuseni kusasa kukho konke okungokwakhe nokukodwa okungokwesilisa.

23 Lapho u-Abigayili embona uDavide, washesha wehlika embongolweni yakhe, wawa ngobuso phambi kukaDavide, wakhothamela phansi.

24 Wawa ngasezinyaweni zakhe, wathi: Lobo bubi mabube phezu kwami, nkosi; incekukazi yakho mayikhulume ezindlebeni zakho, uzwe amazwi encekukazi yakho.

25 Inkosi yami mayinganakekeli lowo muntu omubi uNabali, ngokuba unjengegama lakhe, unjalo yena; nguNabali igama lakhe, nobuwula bukuye; kepha mina ncekukazi yakho angizibonanga izinsizwa zenkosi yami owazithumayo.

26 Ngalokho, nkosi, kuphila kukaJehova nokuphila komphefumulo wakho, njengokuba uJehova ekuvimbele ukungena ecaleni legazi nokuzisindisa

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ngesandla sakho, ngalokho-ke mazibe njengoNabali izitha zakho nabayifunela inkosi yami ububi.

27 Manje-ke, lesi sipho esilethwa yincekukazi yakho enkosini yami, masinikwe izinsizwa ezilandela inkosi yami.

28 Ake uthethelele icala lencekukazi yakho, ngokuba uJehova uyakuyenzela nokuyenzela inkosi yami indlu eqinileyo impela, lokhu inkosi yami ilwa izimpi zikaJehova; ububi abuyikufunyanwa kuwe zonke izinsuku zakho.

29 Noma kusukuma umuntu ukukuxosha nokufuna ukuphila kwakho, umphefumulo wenkosi yami uyakube uboshiwe emshuqulwini wabaphilayo kuJehova uNkulunkulu wakho; imiphefumulo yezitha zakho uyakuyijikijela kungathi iphakathi kwendwayimana.

30 Kuyakuthi lapho uJehova esekwenzile enkosini yami njengakho konke okuhle akukhulumileyo ngawe, akubeke ube ngumbusi kwa-Israyeli,

31 akuyikuba yisikhubekiso kuwe, kungabi nesanya enhliziyweni yenkosi yami ukuthi uchithile igazi ngeze nokuthi inkosi yami izisindisile; kepha lapho uJehova eseyenzele inkosi yami okuhle, khumbula incekukazi yakho.

32 UDavide wayesethi ku-Abigayili: Makabusiswe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli okuthume namuhla ukungihlangabeza.

33 Futhi makubusiswe ukuhlakanipha kwakho, ubusiswe nawe ongivimbele namuhla ukungena ecaleni legazi nokuzisindisa ngesandla sami.

34 Ngokuba impela, kuphila kukaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ongivimbele ukuze ngingakulimazi, uma ungasheshanga ukuza ukuba ungihlangabeze, impela nga kungasalanga kuNabali ngasekuseni kusasa nokukodwa okungokwesilisa.

35 UDavide wayesamukela esandleni sakhe lokho amlethele khona; wathi kuye: Khuphukela endlini yakho ngokuthula; bheka, ngililalele izwi lakho, ngibuvumile ubuso bakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

36U-Abigayili wafika kuNabali; bheka, wayenedili endlini yakhe, linjengedili lenkosi; inhliziyo kaNabali yayithokoza phakathi kwakhe, ngokuba wayephuze kakhulu; ngalokho akamtshelanga lutho oluncane nolukhulu kwaze kwaba sekuseni.

37Kwathi ekuseni, lapho iwayini seliphumile kuNabali, umkakhe wamtshela lezo zinto, inhliziyo yakhe yafa phakathi kwakhe, waba njengetshe.

38Kwathi emva kwezinsuku eziyishumi uJehova wamshaya uNabali, wafa.

39UDavide esezwile ukuthi uNabali ufile, wathi: Makabusiswe uJehova omele indaba yehlazo lami esandleni sikaNabali, ovimbele inceku yakhe ebubini, wabuyisela ububi bukaNabali ekhanda lakhe. UDavide wathumela wakhuluma ku-Abigayili ukuba amthathe abe ngumkakhe.

40Izinceku zikaDavide sezifikile ku-Abigayili eKarmeli, zakhuluma kuye, zathi: UDavide usithumile kuwe ukuba akuthathe, ube ngumkakhe.

41Wasukuma, wakhothama, ubuso bakhe bubheke phansi, wathi: Bheka, incekukazi yakho mayibe yisigqilakazi sokugeza izinyawo zezinceku zenkosi yami.

42U-Abigayili washesha wasuka, wakhwela imbongolo kanye nezintombi zakhe ezazihamba naye; wazilandela izithunywa zikaDavide, waba ngumkakhe.

43UDavide wathatha no-Ahinohama waseJizreyeli; baba ngomkakhe bobabili.

44 Kepha uSawule wayesemnike uPaliti indodana kaLayishi waseGalimi uMikhali indodakazi yakhe.

## 1 uSamuweli 26

### UDavide uyamyeka uSawule ngokwesibili

1 AbaseZifi beza kuSawule eGibeya, bathi: UDavide akacashi yini entabeni yaseHakhila engaphambi kwehlane na?

2 USawule wasuka, wehlela ehlane laseZifi enabantu abakhethiweyo bakwa-Israyeli abayizinkulungwane ezintathu ukuba amfune uDavide ehlane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3USawule wamisa entabeni yaseHakhila engaphambi kwehlane ngasendleleni.
Kepha uDavide wahlala ehlane, wabona ukuthi uSawule uyamlandela ehlane.

4UDavide wayesethuma izinhloli, wazi ukuthi uSawule ufikile impela.

5UDavide wasuka, weza endaweni uSawule amise kuyo; uDavide wabona
indawo uSawule ahlala kuyo, eno-Abineri indodana kaNeri, induna yempi
yakhe; uSawule wayelele ezinqoleni, abantu bemise ngakuye nxazonke.

6 UDavide wayesethatha washo ku-Ahimeleki umHeti naku-Abishayi
indodana kaSeruya, umfowabo kaJowabe, ethi: Ngubani oyakwehla nami
ukuya kuSawule ekamu na? U-Abishayi wathi: Ngiyakwehla nawe.

7ODavide no-Abishayi bafika kubantu ebusuku; bheka, uSawule wayelele
ubuthongo ezinqoleni, umkhonto wakhe ugxunyekiwe emhlabathini
ngasekhanda lakhe; u-Abineri nabantu bakhe babelele ngakuye nxazonke.

8 U-Abishayi wathi kuDavide: UNkulunkulu unikele isitha sakho esandleni
sakho namuhla; ngalokho mangimgwaze kanye ngomkhonto uze udle
umhlabathi, ngingamphindi.

9UDavide wathi ku-Abishayi: Ungambulali, ngokuba ngubani ongelulela
isandla sakhe kogcotshiweyo kaJehova, angabi nacala, na?

10 UDavide wathi: Kuphila kukaJehova, uJehova uyakumshaya, noma kufika
nje usuku lwakhe lokufa, noma ehlela empini, abhubhe.

11UJehova makenqabe ukuba ngelulele isandla sami kogcotshiweyo
kaJehova; ake uthathe umkhonto ongasekhanda lakhe nesigubhu samanzi,
sihambe.

12UDavide wayesethatha umkhonto nesigubhu samanzi ngasekhanda
likaSawule, bahamba, kungaboni muntu, kungazi muntu, kungavuki muntu,
ngokuba babelele bonke, lokhu bebehlelwe ngubuthongo obunzima obuvela
kuJehova.

13UDavide wayesewelela phesheya, wema esiqongweni sentaba ekude,
isikhala esikhulu siphakathi kwabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

14UDavide wabiza abantu no-Abineri indodana kaNeri, ethi: Awusabeli,
Abineri, na? U-Abineri wayesesabela ethi: Ungubani wena obiza inkosi na?

15UDavide wathi ku-Abineri: Awusiye umuntu okungekho onjengawe kwa-
Israyeli na? Awulindanga ngani inkosi yakho, inkosi? Ngokuba kwafika
omunye wabantu ukuyobulala inkosi yakho, inkosi.

16Akukuhle okwenzileyo. Kuphila kukaJehova, nimelwe ukufa, ngokuba
anilindanga inkosi yenu, ogcotshiweyo kaJehova. Manje bhekani ukuthi
umkhonto wenkosi uphi nesigubhu samanzi esasingasekhanda lakhe.

17 USawule walazi izwi likaDavide, wathi: Yizwi lakho leli, ndodana yami
Davide, na? UDavide wathi: Yizwi lami, nkosi yami, nkosi.

18Wathi: Inkosi yami iyixoshelani inceku yayo na? Ngokuba ngenzeni na?
Ngububi buni obusesandleni sami na?

19Ngalokho mayizwe inkosi yami, inkosi, amazwi enceku yayo. Uma
nguJehova okuncokoloza ngami, makamukele umnikelo, kepha uma
kungabantwana babantu, mabaqalekiswe phambi kukaJehova, ngokuba
bangixoshile namuhla ukuba ngingazihlanganisi nefa likaJehova, bethi:
Hamba ukhonze abanye onkulunkulu.

20 Ngalokho igazi lami malingaweli emhlabathini ngikude noJehova, ngokuba
inkosi yakwa-Israyeli iphumele ukufuna intwakumba eyodwa, njengalokhu
kuzingelwa intendele ezintabeni.

21 USawule wathi: Ngonile; buya, ndodana yami Davide, ngokuba
angisayikukulimaza, lokhu ukuphila kwami bekuyigugu emehlweni akho
namuhla; bheka, ngenze okwesiwula, ngidukile kakhulu.

22UDavide waphendula wathi: Bheka, umkhonto, nkosi! Makuwele enye
yezinsizwa, iwulande.

23UJehova uyakuphindisela, kube yilowo nalowo ngokulunga kwakhe
nangokuthembeka kwakhe, lokhu uJehova ekunikele esandleni sami
namuhla, angavuma ukwelulela isandla sami kogcotshiweyo kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[24]Futhi bheka, njengalokho ukuphila kwakho kwakukukhulu ngalolo suku emehlweni ami, ukuphila kwami makube kukhulu emehlweni kaJehova, yena angophule ekuhluphekeni konke.

[25]USawule wathi kuDavide: Mawubusiswe wena ndodana yami Davide; uyakwenza izinto ezinkulu, uphumelele kahle. Wayesehamba uDavide ngendlela yakhe, uSawule wabuyela endaweni yakhe.

## 1 uSamuweli 27

### UDavide useGati naseSikilagi

[1]UDavide wathi enhliziyweni yakhe: Ngiyakubhubha ngelinye ilanga ngesandla sikaSawule; akukho okungcono kimi kunokuba ngibaleke, ngiye ezweni lamaFilisti; uSawule uyakungiyeka, angabe esangifuna emikhawulweni yonke yakwa-Israyeli, ngiphunyuke esandleni sakhe.

[2] Wayesesuka uDavide, wawela, yena nabantu abangamakhulu ayisithupha ababe naye, waya ku-Akhishi indodana kaMahoki, inkosi yaseGati.

[3] UDavide wahlala no-Akhishi eGati, yena nabantu bakhe, kwaba yilowo nalowo nomuzi wakhe, uDavide enawomkakhe bobabili, o-Ahinohama waseJizreyeli no-Abigayili waseKarmeli umkaNabali.

[4]Kwabikwa kuSawule ukuthi uDavide ubalekele eGati; akabe esamfuna futhi.

[5]UDavide wathi ku-Akhishi: Uma ngifumene umusa emehlweni akho, mabanginike indawo komunye wemizi yasemaphandleni ukuba ngihlale khona, ngokuba inceku yakho izakuhlalelani nawe emzini wenkosi na?

[6]U-Akhishi wamnika iSikilagi ngalolo suku; ngalokho iSikilagi lingelamakhosi kuze kube namuhla.

[7] Umumo wezinsuku zokuhlala kukaDavide ezweni lamaFilisti wawungumnyaka nezinyanga ezine.

[8] UDavide nabantu bakhe benyuka, bangenela amaGeshuri, namaGirizi, nama-Amaleki, ngokuba lawo ayakhe kulelo zwe kwasendulo ekuyiweni eShuri kuze kube sezweni laseGibithe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 UDavide walichitha izwe, akashiyanga muntu ephilile, owesilisa nowesifazane, wathatha izimvu, nezinkabi, nezimbongolo, namakamela, nezingubo, wabuya, wafika ku-Akhishi.

10 U-Akhishi wathi: Ningenelephi namuhla na? UDavide wathi: Bekuseningizimu kwaJuda, naseningizimu kwamaJerameli, naseningizimu kwamaKheni.

11 UDavide akashiyanga owesilisa nowesifazane ephilile ukubayisa eGati, ethi: Funa basicebe ngokuthi: Wenze njalo uDavide. Yayinjalo indlela yakhe zonke izinsuku ehlezi ezweni lamaFilisti.

12 U-Akhishi wakholwa nguDavide, wathi: Wenze ukuba anengwe nokunengwa ngabantu bakhe abakwa-Israyeli; ngalokho uyakuba yinceku yami kuze kube nini.

## 1 uSamuweli 28

### UDavide usempini yamaFilisti

1 Kwathi ngalezo zinsuku amaFilisti abutha amabutho awo ukuba aphume impi no-Israyeli. U-Akhishi wathi kuDavide: Yazi nokwazi ukuthi uyakuphuma impi nami, wena nabantu bakho.

2 UDavide wathi ku-Akhishi: Ngalokho uyakwazi ukuthi inceku yakho iyakwenzani. U-Akhishi wathi kuDavide: Ngalokho ngiyakukubeka ube ngumlindi wekhanda lami kuze kube nini.

### USawule uya konedlozi e-Eni Dori

3 USamuweli wayesefile; wonke u-Israyeli wamkhalela, wammbela eRama umuzi wakhe. USawule wayexoshile ezweni abanamadlozi phakathi kwabo nabathakathi.

4 AmaFilisti abuthana afika, amisa eShunemi; uSawule wabutha wonke u-Israyeli, wamisa eGilibowa.

5 Lapho uSawule ebona impi yamaFilisti, wesaba, inhliziyo yakhe yathuthumela kakhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 USawule wabuza kuJehova; uJehova akamphendulanga nangamaphupho, nange-Urimi, nangabaprofethi.

7 Wayesethi uSawule kuzo izinceku zakhe: Ngifuneleni owesifazane onedlozi ukuba ngiye kuye, ngibuze kuye. Izinceku zakhe zathi kuye: Bheka, kukhona owesifazane onedlozi e-Eni Dori.

8 USawule waziguqula, wembatha ezinye izingubo, wahamba yena nabantu ababili benaye, bafika kowesifazane ebusuku, wathi: Ake ungibhulele ngedlozi, ungenyusele engiyakumusho kuwe.

9 Owesifazane wathi kuye: Bheka, uyazi ukuthi uSawule wenzeni, ukuba unqumile ezweni abanamadlozi phakathi kwabo nabathakathi; ngalokho ungibekelelani ugibe ukuba ungibulale na?

10 USawule wafunga uJehova kuye owesifazane, wathi: Kuphila kukaJehova, awuyikwehlelwa cala ngalokho.

11 Wayesethi owesifazane: Ngiyakukwenyusela bani na? Wathi: Ngenyusele uSamuweli.

12 Lapho owesifazane embona uSamuweli, wamemeza ngezwi elikhulu; owesifazane wakhuluma noSawule, wathi: Ungikhohliseleni na? Ngokuba unguSawule.

13 Inkosi yayisithi kuye: Ungesabi; ubonani na? Owesifazane wathi kuSawule: Ngibona unkulunkulu ephuma emhlabathini.

14 Wathi kuye: Unesimo sini na? Wathi: Kukhuphuka ixhegu limboziwe ngengubo. USawule wabona ukuthi kunguSamuweli, wakhothamela phansi ngobuso, wakhuleka.

15 USamuweli wathi kuSawule: Unginyakaziselani ukuba ungenyuse na? USawule waphendula wathi: Ngihluphekile kakhulu, ngokuba amaFilisti ayalwa nami; uNkulunkulu ungishiyile, akasangiphenduli nangabaprofethi nangamaphupho; ngalokho ngikubizele ukuba ungazise ukuthi ngiyakwenze njani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 USamuweli wathi: Pho, ubuzelani kimi, lokhu uJehova esesukile kuwe, waba yisitha sakho, na?

17 UJehova wenzile ngokwakhe, njengalokho akhuluma ngami: uJehova ukwaphucile umbuso esandleni sakho, wawunika umakhelwane wakho uDavide.

18 Ngokuba awulalelanga izwi likaJehova, awenzanga ulaka lwakhe olushisayo phezu kwama-Amaleki; ngalokho uJehova wenzile lokhu kuwe namuhla.

19Futhi uJehova uyakunikela u-Israyeli kanye nawe esandleni samaFilisti; kusasa wena namadodana akho niyakuba nami; uJehova uyakunikela nempi yabakwa-Israyeli esandleni samaFilisti.

20USawule wayesewela phansi ngekhanda, wesaba kakhulu ngenxa yamazwi kaSamuweli, akwabakho mandla kuye, ngokuba akadlanga lutho ngosuku lonke nobusuku bonke.

21 Owesifazane wafika kuSawule, wabona ukuthi wesaba kakhulu, wathi kuye: Bheka, incekukazi yakho ililalele izwi lakho, ngibekile ukuphila kwami esandleni sami; ngalalela amazwi akho owawakhuluma kimi.

22Ngalokho mawulilalele izwi lencekukazi yakho, ngibeke ucezu lwesinkwa phambi kwakho; yidla ukuba uthole amandla, nxa uhamba indlela yakho.

23Kepha wala wathi: Angiyikudla. Kodwa zamcindezela izinceku zakhe kanye nowesifazane, walilalela izwi labo. Wayesevuka emhlabathini, wahlala embhedeni.

24Owesifazane wayenethole elikhuluphalisiweyo endlini; washesha walibulala; wathatha impuphu, wayixova, wenza isinkwa esingenamvubelo ngayo,

25wasiletha phambi kukaSawule naphambi kwezinceku zakhe, badla. Base besuka bahamba ngalobo busuku.

## 1 uSamuweli 29

### UDavide uxoshwa yizikhulu zamaFilisti

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 AmaFilisti abutha zonke izimpi zawo e-Afeki; abakwa-Israyeli bamisa ngasemthonjeni oseJizreyeli.

2 Amakhosi amaFilisti adlula ngamakhulu nangezinkulungwane; uDavide nabantu bakhe badlula emuva kanye no-Akhishi.

3 Zase zithi izikhulu zamaFilisti: Ayini lawa maHeberu na? U-Akhishi wathi kuzo izikhulu zamaFilisti: Akusiye uDavide inceku kaSawule inkosi yakwa-Israyeli okade enami kulezi zinsuku nakule minyaka na? Angifumananga lutho kuye selokhu ahlubuka weza kimi kuze kube namuhla.

4 Kepha izikhulu zamaFilisti zamthukuthelela; izikhulu zamaFilisti zathi kuye: Buyisa lowo muntu ukuba abuyele endaweni yakhe ommise kuyo, angehleli nathi empini, funa abe yisitha sethu empini, ngokuba lona ubeyakuyigculisa ngani inkosi yakhe kungengamakhanda alawo madoda na?

5 Lona akasiye uDavide ababehlabelela ngaye, besina bethi: USawule ubulele izinkulungwane zakhe, kepha uDavide izinkulungwane zakhe eziyishumi na?

6 U-Akhishi wambiza uDavide, wathi kuye: Kuphila kukaJehova, wena uqotho; ukuphuma kwakho nokungena kwakho nami empini kuhle emehlweni ami, ngokuba angifumananaga bubi kuwe kusukela osukwini lokufika kwakho kimi kuze kube namuhla; nokho emehlweni amakhosi awumuhle.

7 Ngalokho buya, uhambe ngokuthula, ungenzi okubi emehlweni amakhosi amaFilisti.

8 UDavide wathi ku-Akhishi: Kepha ngenzeni na? Ufumeneni encekwini yakho, kusukela osukwini engaba phambi kwakho ngalo kuze kube namuhla, ukuba ngingayi ukulwa nezitha zenkosi yami, inkosi, na?

9 U-Akhishi waphendula, wathi kuDavide: Ngiyazi ukuthi umuhle emehlweni ami njengengelosi kaNkulunkulu, nokho izikhulu zamaFilisti zishilo ukuthi: Akayikukhuphuka, aye nathi empini.

10 Ngalokho vuka ekuseni kusasa kanye nezinceku zenkosi yakho ezifike nawe; senivukile ekuseni kusasa, sekukhanya, hambani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11UDavide wavuka ekuseni, yena nabantu bakhe, ukuba bahambe ekuseni, babuyele ezweni lamaFilisti. AmaFilisti enyukela eJizreyeli.

## 1 uSamuweli 30

### Ukuchithwa kweSikilagi

1 Kwathi uDavide nabantu bakhe sebefikile eSikilagi ngosuku lwesithathu, ama-Amaleki ayengenele eNingizimu naseSikilagi, alichitha iSikilagi, alishisa ngomlilo,

2athumba abesifazane ababe phakathi, abancane nabakhulu engabulalanga muntu, abamukisa, ahamba indlela yawo.

3Lapho uDavide nabantu bakhe befika emzini, bheka, wawushisiwe ngomlilo; omkabo, namadodana abo, namadodakazi abo babethunjiwe.

4UDavide nabantu ababe naye base bedazuluka, bekhala, baze bangabe besaba namandla okukhala.

5 NawomkaDavide bobabili babethunjiwe, o-Ahinohama waseJizreyeli no-Abigayili umkaNabali waseKarmeli.

6UDavide wayehlupheka kakhulu, ngokuba abantu bekhuluma ngokumkhanda ngamatshe, lokhu izinhliziyo zabo bonke abantu zazinomunyu, kwaba yilowo nalowo ngenxa yamadodana akhe namadodakazi akhe; kepha uDavide waziqinisa kuJehova uNkulunkulu wakhe.

7 UDavide wathi ku-Abiyathara umpristi, indodana ka-Ahimeleki: Ake ulethe kimi ingubo yamahlombe. U-Abiyathara wayiletha ingubo yamahlombe kuDavide.

8 UDavide wabuza kuJehova, wathi: Ngixoshe lelo viyo na? Ngingalifica na? Wamphendula wathi: Xosha, ngokuba uyakulifica impela, ukhulule konke.

9Wayesehamba uDavide, yena nabantu abangamakhulu ayisithupha ababe naye, wafika emfudlaneni iBesori, lapho kwahlala khona amasalela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Kodwa UDavide waxosha, yena nabantu abangamakhulu amane, ngokuba abangamakhulu amabili basala emuva, bezukekile ukuze bangaweli umfudlana iBesori.

11 Bafumana owaseGibithe endle, bamyisa kuDavide, bamnika isinkwa, wadla; bamphuzisa amanzi;

12 bamnika nocezu lwesigaxa samakhiwane, nezigaxa ezimbili zezithelo zomvini ezomileyo; esedlile kwabuyela kuye umoya wakhe, ngokuba wayengadlanga sinkwa, engaphuzanga manzi, izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.

13 UDavide wathi kuye: Ungokabani na? Uvelaphi na? Wathi: Ngiyinsizwa yaseGibithe, inceku yomAmaleki, kepha inkosi yami yangishiya, ngokuba sekuyizinsuku ezintathu ngigula.

14 Sangenela ngaseningizimu yamaKhereti, nakwelakwaJuda, naseningizimu kaKalebi, salishisa iSikilagi ngomlilo.

15 UDavide wathi kuye: Ungangehlisela kulelo viyo na? Wathi: Funga kimi uNkulunkulu ukuthi awuyikungibulala, unganginikeli ezandleni zenkosi yami, ngiyakukwehlisela kulelo viyo.

16 Wayesemehlisa; bheka, babehlakazekile endaweni yonke, bedla, bephuza, besina phakathi kwayo yonke impango ababeyithathile ezweni lamaFilisti nasezweni lakwaJuda.

17 UDavide wababulala kusukela ekuhweleleni kuze kuhlwe ngangomuso, akwaphunyuka muntu kubo, kuphela izinsizwa ezingamakhulu amane ezazikhwela amakamela, zabaleka.

18 UDavide wakhulula konke okwakuthathwe ngama-Amaleki, uDavide wakhulula nawomkakhe bobabili.

19 Akwasilala muntu, omncane noma omkhulu, namadodana noma amadodakazi, nempango noma okunye ababezithathele khona; uDavide wabuyisa konke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[20]UDavide wathatha zonke izimvu nezinkomo; baziqhuba phambi kwakhe, bathi: Yimpango kaDavide le.

[21]UDavide wafika kulabo bantu abangamakhulu amabili ababezukekile, bengenakumlandela uDavide, ababebahlalisile ngasemfudlaneni iBesori; baphuma ukumhlangabeza uDavide nokuhlangabeza abantu ababenaye; uDavide esesondela kubantu wababingelela.

[22]Base bethatha bonke abantu ababi nabonakeleyo kulabo ababehamba noDavide, bathi: Njengokuba bengahambanga nathi, asiyikubanika lutho empangweni esiyikhululile, kuphela ukuba yileyo naleyo ndoda inikwe umkayo nabantwana bayo, bamuke nabo, bahambe.

[23]Wayesethi uDavide: Aniyikwenza kanjalo, bafowethu, ngalokho esikuphiwe nguJehova osilondolozile, wanikela esandleni sethu iviyo elasihlasela.

[24] Ngubani oyakunilalela kule ndaba na? Ngokuba njengesabelo sowehlele empini siyakuba njalo isabelo salowo owasala nempahla; bayakwabelwa ngokulingeneyo.

[25]Kwaba njalo kusukela kulolo suku kuya phambili; wamisa isimiso nomthetho kwa-Israyeli kuze kube namuhla.

[26]UDavide esefike eSikilagi wathuma enye impango kumalunga akwaJuda nakubo abangane bakhe, ethi: Bhekani, naso isipho senu sempango yezitha zikaJehova:

[27]kwabaseBethele, nakwabaseRamoti laseNingizimu, nakwabaseJatiri,

[28]nakwabase-Aroweri, nakwabaseSifimoti, nakwabase-Eshitemowa,

[29]nakwabaseRakali, nakwabasemizini yamaJerameli, nakwabasemizini yamaKheni,

[30]nakwabaseHorma, nakwabaseBori Ashani, nakwabase-Athaki,

[31]nakwabaseHebroni, nasezindaweni zonke lapho uDavide uqobo nabantu bakhe bebejwayele ukuhamba khona.

**1 uSamuweli 31**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### USawule namadodana akhe bayalwa namaFilisti; ukumbelwa kwabo

1 AmaFilisti alwa no-Israyeli; abantu bakwa-Israyeli babaleka phambi
kwamaFilisti, bawa begwaziwe entabeni yaseGilibowa.

2 AmaFilisti axosha uSawule namadodana akhe; amaFilisti abulala
oJonathani, no-Abinadaba, noMaliki Shuwa, amadodana kaSawule.

3 Impi yaba nzima kuSawule; abacibishelayo bamfica, wakhathazeka kakhulu
ngenxa yabacibishelayo.

4 USawule wayesethi odibini lwezikhali zakhe: Hosha inkemba yakho,
ungigwaze ngayo, funa labo abangasokile bafike, bangigwaze, bangone.
Kepha aluvumanga udibi lwezikhali zakhe, ngokuba lwesaba kakhulu.
Ngalokho uSawule wayithatha inkemba, wawela phezu kwayo.

5 Udibi lwezikhali zakhe selubonile ukuthi uSawule ufile, lwawela nalo phezu
kwenkemba yalo, lwafa kanye naye.

6 Wafa-ke uSawule namadodana akhe omathathu, nodibi lwakhe, nabo bonke
abantu bakhe ngalolo suku kanyekanye.

7 Lapho abantu bakwa-Israyeli ababe ngaphesheya kwesigodi nalabo ababe
ngaphesheya kweJordani bebona ukuthi abantu bakwa-Israyeli babaleka
nokuthi uSawule namadodana akhe bafile, bashiya imizi, babaleka; amaFilisti
afika, ahlala kuyo.

8 Kwathi ngangomuso, lapho amaFilisti efika ukuphanga ababuleweyo,
afumana uSawule namadodana akhe omathathu bewile entabeni
yaseGilibowa.

9 Amnquma ikhanda, athatha izikhali zakhe, azithuma ezweni lamaFilisti
nxazonke ukukumemezela endlini yezithombe zawo nakubantu.

10 Azibeka izikhali zakhe endlini ka-Ashitaroti, abethela isidumbu sakhe
ogangeni lwaseBeti Shani.

11 Sebezwile abakhe eJabeshi Gileyadi lokho amaFilisti ayekwenzile
kuSawule,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 kwasuka onke amadoda anamandla, ahamba ubusuku bonke, asithatha isidumbu sikaSawule, nezidumbu zamadodana akhe ogangeni lwaseBeti Shani, afika eJabeshi, azishisa khona.

13 Athatha amathambo abo, awembela phansi komtamariske eJabeshi, azila ukudla izinsuku eziyisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# 2 uSamuweli

## 2 uSamuweli 1

### Umbiko wokufa kukaSawule

1 Kwathi emva kokufa kukaSawule, uDavide esebuyile ekubulaleni amaAmaleki, futhi uDavide esehlale izinsuku ezimbili eSikilagi,

2 kwathi-ke ngosuku lwesithathu, bheka, kwaphuma umuntu ekamu likaSawule, izingubo zakhe ziklebhukile, enomhlabathi ekhanda, wawa phansi ekufikeni kwakhe kuDavide, wakhuleka.

3 UDavide wathi kuye: Uvelaphi na? Wathi kuye: Ngibalekile ekamu lakwaIsrayeli.

4 UDavide wayesethi kuye: Bekunjani na? Ake ungitshele. Wathi: Abantu babalekile empini, nabantu abaningi bawile, bafa; oSawule noJonathani indodana yakhe bafile nabo.

5 UDavide wathi kuleyo nsizwa eyamtshelayo: Wazi kanjani ukuthi oSawule noJonathani indodana yakhe bafile na?

6 Insizwa eyamtshelayo yathi: Ngithe ngisentabeni yaseGilibowa, bheka, uSawule wencika emkhontweni, kwamjonga kakhulu izinqola nabamahhashi.

7 Lapho ebheka emuva, wangibona, wangibiza. Ngaphendula ngokuthi: Ngilapha.

8 Wathi kimi: Wena ungubani na? Ngathi kuye: NgingumAmaleki.

9 Wathi kimi: Ake ume ngakimi, ungibulale, ngokuba ngishaywe yisiyezi, nokuphila kusekhona kimi.

10 Ngase ngima ngakuye, ngambulala, ngokuba ngakwazi ukuthi angephile esewile, ngathatha umqhele owawusekhanda lakhe, nesongo elalisengalweni yakhe, ngikulethile lapha enkosini yami.

11 UDavide wayesebamba izingubo zakhe, waziklebhula kanye nawo onke amadoda ayenaye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Balila, bakhala, bazila ukudla kwaze kwahlwa ngenxa kaSawule, noJonathani indodana yakhe, nabantu bakaJehova, nendlu ka-Israyeli, ngokuba bebewile ngenkemba.

13Wathi uDavide kuyo insizwa eyayimtshelile: Ungowaphi na? Wathi: Ngiyindodana yomuntu ogogobele nje, umAmaleki.

14 UDavide wathi kuyo: Yini ukuba ungesabanga ukwelula isandla sakho, ubhubhise ogcotshiweyo kaJehova, na?

15UDavide wayesebiza enye yezinsizwa, wathi: Sondela, umsukele. Yamshaya waze wafa.

16UDavide wathi kuye: Igazi lakho malibe phezu kwekhanda lakho, ngokuba umlomo wakho ufakazile ngawe, lapho uthi: Ngibulele ogcotshiweyo kaJehova.

## Isililo sikaDavide ngoSawule noJonathani

17UDavide walila ngalesi sililo ngoSawule noJonathani indodana yakhe,

18 wathi mabafundiswe abantwana bakwaJuda eyoMnsalo; bheka, silotshiwe eNcwadini Yoqotho.

19 Udumo lwakho, Israyeli, lubulewe ezindaweni eziphakemeyo. Yeka ukuwa kwamaqhawe!

20 Ningakusho eGati, ningakumemezeli ezitaladini zase-Ashikeloni, funa amadodakazi amaFilisti ajabule, namadodakazi abangasokile athokoze.

21 Nina zintaba zaseGilibowa, makungabikho mazolo namvula phezu kwenu, nokugubha kotwa, ngokuba isihlangu samaqhawe santshingwa, isihlangu sikaSawule, singagcotshwanga ngamafutha.

22 Egazini lababuleweyo nasemanonini amaqhawe umnsalo kaJonathani awuphindelanga emuva, nenkemba kaSawule ayibuyelanga ize.

23 OSawule noJonathani babethandeka, bemnandi; ekuphileni nasekufeni kwabo kabahlukaniswanga; babenejubane kunezinkozi, babenamandla kunezingonyama.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

24 Nina madodakazi akwa-Israyeli, mkhaleleni uSawule owanigqokisa kamnandi ngokubomvu, owavunulisa izambatho zenu ngezivunulo zegolide.

25 Yeka ukuwa kwamaqhawe phakathi kokulwa! UJonathani ubulewe ezindaweni zakho eziphakemeyo.

26 Ngidabukile ngawe mfowethu Jonathani; wawumnandi kakhulu kimi; lwaluyisimangaliso kimi uthando lwakho, ludlula uthando lwabesifazane.

27 Yeka ukuwa kwamaqhawe, nokuphela kwezikhali zokulwa!

## 2 uSamuweli 2

### UDavide uyinkosi kwaJuda; u-Ishi Bosheti uyinkosi kwa-Israyeli

1 Kwathi emva kwalokho uDavide wabuza kuJehova, wathi: Ngenyukele yini komunye wemizi yakwaJuda na? UJehova wathi kuye: Yenyuka. Wathi uDavide: Ngenyukelephi na? Wathi: EHebroni.

2 Wayesenyukela khona uDavide nabafazi bakhe ababili, o-Ahinohama waseJizreyeli no-Abigayili umkaNabali waseKarmeli.

3 Abantu bakhe ababe noDavide wabenyusa, kwaba yilowo nalowo nomuzi wakhe; bahlala emizaneni yaseHebroni.

4 Bafika abantu bakwaJuda, bamgcoba khona uDavide abe yinkosi yendlu yakwaJuda. Bamtshela uDavide ukuthi: Abantu baseJabeshi Gileyadi yibo abammbela uSawule.

5 UDavide wayesethuma izithunywa kubantu baseJabeshi Gileyadi, wathi kubo: Manibusiswe nguJehova, ngokuba nenzile lowo musa kuyo inkosi yenu, uSawule, nammbela.

6 Manje uJehova makanenzele umusa neqiniso, nami nginibuyisele lowo musa, ngokuba niyenzile leyo nto.

7 Ngalokho maziqine izandla zenu, nibe nesibindi, ngokuba uSawule inkosi yenu ufile; indlu yakwaJuda ingigcobile ngibe yinkosi yayo.

8 U-Abineri indodana kaNeri induna yempi kaSawule wayethathile u-Ishi Bosheti indodana kaSawule, wamwelisela eMahanayimi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[9]wambeka inkosi kwaGileyadi, nakuma-Ashurimi, naseJizreyeli, nakwa-Efrayimi noBenjamini, nakwa-Israyeli wonke.

[10]U-Ishi Bosheti indodana kaSawule wayeneminyaka engamashumi amane ekuqaleni kwakhe ukubusa phezu kuka-Israyeli; wabusa iminyaka emibili. Kepha indlu yakwaJuda yamlandela uDavide.

[11] Isikhathi uDavide eyinkosi ngaso eHebroni phezu kwendlu yakwaJuda sasiyiminyaka eyisikhombisa nezinyanga eziyisithupha.

### Ukulwa kuka-Ishi Bosheti noDavide. Impi yaseGibeyoni

[12]U-Abineri indodana kaNeri nezinceku zika-Ishi Bosheti indodana kaSawule baphuma eMahanayimi, baya eGibeyoni.

[13] UJowabe indodana kaSeruya nezinceku zikaDavide baphuma bahlangana ngasechibini laseGibeyoni; bahlala phansi, abanye ngalapha kwechibi, abanye ngalapho kwechibi.

[14]U-Abineri wathi kuJowabe: Ake zisuke izinsizwa, ziqakulizane phambi kwethu. UJowabe wathi: Mazisuke.

[15]Zase zisuka, zawela ngamanani, eziyishumi nambili kwaBenjamini naku-Ishi Bosheti indodana kaSawule, neziyishumi nambili ziyizinceku zikaDavide.

[16]Zabambana ngekhanda, zagwaza ngenkemba ohlangothini lwezimelene nazo, zawa kanyekanye; ngalokho leyo ndawo yabizwa ngokuthi iHelikati Hasurimi eliseGibeyoni.

[17]Kwakuyimpi enzima ngalolo suku; u-Abineri wahlulwa kanye nabantu bakwa-Israyeli phambi kwezinceku zikaDavide.

[18]Amadodana amathathu kaSeruya ayelapho, oJowabe, no-Abishayi, no-Asaheli; u-Asaheli wayenezinyawo ezilula njengensephe.

[19]U-Asaheli wamxosha u-Abineri; ekuhambeni kwakhe akachezukanga ngakwesokunene nangakwesokhohlo ekumlandeleni u-Abineri.

[20]U-Abineri wabheka emuva, wathi: Ungu-Asaheli na? Wathi: Yimi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 U-Abineri wayesethi kuye: Chezukela ngakwesokunene noma
ngakwesokhohlo, ubambe enye yezinsizwa, uthathe izikhali zakhe. Kepha u-
Asaheli akavumanga ukuchezuka ekumlandeleni.

22 U-Abineri wabuye wathi ku-Asaheli: Chezuka ekungilandeleni; yini ukuba
ngikucekele phansi na? Ngingaphakamisa kanjani ubuso bami ngakuJowabe
umfowenu na?

23 Wala nokho ukuchezuka; ngalokho u-Abineri wamgwaza esiswini
ngesidunu somkhonto, waze waphuma emuva umkhonto; wawela khona,
wafela khona lapho; kwathi bonke abafika endaweni u-Asaheli awele kuyo
wafa, bema.

24 Kepha oJowabe no-Abishayi bamxosha u-Abineri; ilanga lashona befike
ngasegqumeni lase-Ama elingaphambi kweGiya ngasendleleni yasehlane
laseGibeyoni.

25 Abantwana bakwaBenjamini babuthana emva kuka-Abineri, baba yiviyo
linye, bema esiqongweni segquma elithile.

26 U-Abineri wayesememeza kuJowabe, wathi: Inkemba iyakudla njalonjalo
na? Awazi yini ukuthi kuyakuba khona umunyu ekugcineni na? Koze kube
nini ungabayali abantu ukuba babuye ekubalandeleni abafowabo na?

27 UJowabe wathi: Kuphila kukaNkulunkulu, uma ubungakhulumanga,
ngempela abantu bonke bebeyakube sebenyukile kusasa ekuxosheni
abafowabo.

28 UJowabe wayesebetha icilongo; bonke abantu bema, ababe besamxosha u-
Israyeli, futhi ababe besalwa.

29 U-Abineri nabantu bakhe badabula i-Araba bonke lobo busuku, bawela
iJordani, badabula lonke iBitroni, bafika eMahanayimi.

30 UJowabe wabuya ekumxosheni u-Abineri; lapho esebuthile bonke abantu,
kwasilala kuzo izinceku zikaDavide abantu abayishumi nesishiyagalolunye
no-Asaheli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

31Kepha izinceku zikaDavide zazibulele abakwaBenjamini nabaka-Abineri, kwafa abantu abangamakhulu amathathu namashumi ayisithupha.

32Bamthatha u-Asaheli, bammbela ethuneni likayise elaliseBethlehema. UJowabe nabantu bakhe bahamba ubusuku bonke, kwasa beseHebroni.

## 2 uSamuweli 3

1 Kwakukhona ukulwa isikhathi eside phakathi kwendlu kaSawule nendlu kaDavide; uDavide waqhubeka ngokuqina njalo, kepha indlu kaSawule yaqhubeka ngokuncipha njalo.

### Amadodana kaDavide

2 Kwazalelwa uDavide amadodana eHebroni; izibulo lakhe laba ngu-Amnoni ku-Ahinohama waseJizreyeli;

3 eyesibili yaba nguKileyabi ku-Abigayili umkaNabali waseKarmeli; eyesithathu yayingu-Abisalomu indodana kaMahakha indodakazi kaTalimyi inkosi yaseGeshuri;

4eyesine yayingu-Adoniya indodana kaHagiti; eyesihlanu yayinguShefathiya indodana ka-Abithali;

5eyesithupha yayingu-Itereyamu ku-Egila umkaDavide. Lawo azalelwa uDavide eHebroni.

### Ukuvumelana kukaDavide no-Abineri. U-Abineri ubulawa nguJowabe

6Kwathi kusekhona ukulwa phakathi kwendlu kaSawule nendlu kaDavide, u-Abineri wamela indlu kaSawule ngamandla.

7 Kepha uSawule wayenesancinza esigama laso lalinguRispa indodakazi ka-Aya. U-Ishi Bosheti wayesethi ku-Abineri: Ungeneleni kuso isancinza sikababa na?

8U-Abineri wathukuthela kakhulu ngenxa yalawo mazwi ka-Ishi Bosheti, wathi: Ngiyikhanda lenja engeyakwaJuda na? Namuhla ngiyayenzela indlu kaSawule uyihlo umusa, abafowabo nabangane bayo, angikunikelanga esandleni sikaDavide; nokho ungibeka icala namuhla ngalowo wesifazane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9UNkulunkulu makenze njalo ku-Abineri, enezele futhi, uma ngingenzi kuDavide njengalokho uJehova efungile kuye,

10kudluliswe umbuso endlini kaSawule, kumiswe isihlalo sobukhosi sikaDavide phezu kuka-Israyeli naphezu kukaJuda, kusukela kwaDani kuze kufike eBeri Sheba.

11Wayengenakumphendula u-Abineri ngezwi futhi, ngokuba wayemesaba.

12U-Abineri wayesethuma izithunywa kuDavide esikhundleni sakhe ngokuthi: Ngelikabani izwe na? ethi futhi: Yenza isivumelwano nami; bheka, isandla sami siyakuba nawe ukubuyisela kuwe wonke u-Israyeli.

13Wathi: Kuhle; ngiyakwenza isivumelwano nawe, kepha yinto inye engiyifuna kuwe, ngeyokuthi awuyikubona ubuso bami, uma ungalethi kuqala phambi kwami uMikhali indodakazi kaSawule, lapho uzayo ukubona ubuso bami.

14 UDavide wayesethuma izithunywa ku-Ishi Bosheti indodana kaSawule, ethi: Nginike umkami uMikhali engammiselwa ngamajwabu ayikhulu amaFilisti.

15 Wayesethumela u-Ishi Bosheti, wamthatha endodeni yakhe uPalitiyeli indodana kaLayishi.

16Indoda yakhe yahamba naye, ikhala isahamba, yamlandela kwaze kwaba seBahurimi. U-Abineri wayesethi kuyo: Buya. Yabuya-ke.

17U-Abineri waba nezwi namalunga akwa-Israyeli, ethi: Ngezikhathi ezidlulileyo nafuna uDavide abe yinkosi phezu kwenu;

18kwenzeni lokho manje, ngokuba uJehova ukhulumile ngoDavide ukuthi: Ngesandla senceku yami uDavide ngiyakusindisa abantu bami u-Israyeli esandleni samaFilisti nasesandleni sazo zonke izitha zabo.

19 U-Abineri wakhuluma futhi ezindlebeni zakwaBenjamini; u-Abineri waya futhi ukukhuluma ezindlebeni zikaDavide eHebroni konke okwakukuhle ku-Israyeli nakuyo yonke indlu yakwaBenjamini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Wayesefika u-Abineri kuDavide eHebroni nabantu abangamashumi amabili bekanye naye. UDavide wamenzela u-Abineri nabantu ababe naye idili.

21 U-Abineri wayesethi kuDavide: Ngiyakusuka ngihambe ngiqoqele wonke u-Israyeli enkosini yami, inkosi, ukuba benze isivumelwano nawe nokuba ubuse phezu kwakho konke ekufisayo inhliziyo yakho. UDavide wammukisa u-Abineri, wahamba ngokuthula.

22 Bheka, izinceku zikaDavide nezikaJowabe zabuya eviyweni, zaletha impango enkulu; kepha u-Abineri wayengekho kuDavide eHebroni, ngokuba wayemmukisile, wahamba ngokuthula.

23 Esefikile uJowabe nempi yonke eyayinaye, bamtshela uJowabe ukuthi: U-Abineri indodana kaNeri wafika enkosini; immukisile, wahamba ngokuthula.

24 UJowabe wayeseya enkosini, wathi: Wenzeni na? Bheka, u-Abineri wafika kuwe; ummukiseleni wahamba nokuhamba na?

25 Uyamazi u-Abineri indodana kaNeri ukuthi wafika ukukukhohlisa nokwazi ukuphuma kwakho nokungena kwakho, nokwazi konke okwenzayo.

26 UJowabe esephumile kuDavide wathuma izithunywa ukulandela u-Abineri, zambuyisa emthonjeni waseSira, kepha uDavide wayengakwazi lokho.

27 U-Abineri esebuyele eHebroni, uJowabe wamchezukisela phakathi kwesango ukuba akhulume naye bebodwa, wamgwaza lapho esiswini waze wafa ngenxa yegazi lika-Asaheli umfowabo.

28 Esekuzwa lokho ngasemuva uDavide wathi: Mina nombuso wami asinacala phambi kukaJehova kuze kube phakade ngegazi lika-Abineri indodana kaNeri;

29 maliwele ekhanda likaJowabe nakuyo yonke indlu kayise. Makungaphuthi endlini kaJowabe ukuba kube khona ocucuzayo, nonochoko, nozimelelayo ngodondolo, nowayo ngenkemba, noswele isinkwa.

30 OJowabe no-Abishayi umfowabo base bembulele u-Abineri, ngokuba wayebulele umfowabo u-Asaheli eGibeyoni empini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[31]UDavide wathi kuJowabe nakubantu bonke ababe naye: Klebhulani izingubo zenu, nibhince indwangu yamasaka, nilile phambi kuka-Abineri. Inkosi uDavide yalandela uhlaka.

[32]Bammbela u-Abineri eHebroni; inkosi yadazuluka, yakhala ngasethuneni lika-Abineri; nabantu bonke bakhala.

[33]Inkosi yamlilela u-Abineri, yathi: Afe u-Abineri njengokufa kwesiwula na?

[34]Izandla zakho zazingaboshiwe, nezinyawo zakho zazingafakwanga emaketangeni; wawa njengomuntu owayo phambi kwabantu ababi. Bonke abantu baphinda bemkhalela.

[35]Bonke abantu bafika ukuba bamdlise uDavide isinkwa kusesemini; kepha uDavide wafunga wathi: Makenze njalo kimi uNkulunkulu, enezele futhi, uma ngidla isinkwa noma okunye lingakashoni ilanga.

[36]Bonke abantu bakubona, kwaba kuhle emehlweni abo, njengalokho konke eyakwenza inkosi kwaba kuhle emehlweni abantu bonke.

[37]Base beqonda bonke abantu naye wonke u-Israyeli ngalolo suku ukuthi kwakungesikho okwenkosi ukubulala u-Abineri indodana kaNeri.

[38]Inkosi yathi ezincekwini zayo: Anazi yini ukuthi kufile umbusi nomuntu omkhulu kwa-Israyeli namuhla na?

[39] Nami ngibuthakathaka namuhla noma ngigcotshiwe ngibe yinkosi; laba bantu, amadodana kaSeruya, balukhuni kunami; uJehova makaphindisele owenza okubi njengobubi bakhe.

## 2 uSamuweli 4

### Ukubulawa kuka-Ishi Bosheti nokuphindiselwa kwakhe

[1]Lapho isizwile indodana kaSawule ukuthi u-Abineri ufile eHebroni, izandla zayo zaba buthakathaka, nabo bonke abakwa-Israyeli bakhathazeka.

[2] Indodana kaSawule yayinamadoda amabili ayeyizinduna zamaviyo; igama lenye lalinguBahana negama lenye lalinguRekabi, amadodana kaRimoni

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

waseBeyeroti wabantwana bakwaBenjamini, ngokuba iBeyeroti libalelwa kuBenjamini.

3AbaseBeyeroti babalekela eGitayimi, bagogobala khona kuze kube namuhla.

4 UJonathani indodana kaSawule wayenendodana elunyonga ngezinyawo. Yayineminyaka eyisihlanu ekufikeni kombiko ngoSawule noJonathani uvela eJizreyeli; umzanyana wayo wayithatha, wabaleka; kwathi eseshesha ukubaleka, yawa, yaba lunyonga. Igama layo lalinguMefibosheti.

5Amadodana kaRimoni waseBeyeroti oRekabi noBahana ahamba, afika selishisa ilanga endlini ka-Ishi Bosheti ephumula embhedeni emini.

6Bangena khona phakathi kwendlu kungathi bayakulanda ukolweni; bamgwaza esiswini; oRekabi noBahana umfowabo babaleka.

7Babengenile-ke endlini esalele embhedeni ekamelweni lakhe, bamgwaza, bambulala, bamnquma ikhanda, bathatha ikhanda lakhe, bahamba ngendlela yase-Araba ubusuku bonke.

8Baliyisa ikhanda lika-Ishi Boshethi kuDavide eHebroni, bathi enkosini: Nanti ikhanda lika-Ishi Bosheti indodana kaSawule; isitha sakho ebesifuna ukuphila kwakho; uJehova uphindisele namuhla inkosi yami, inkosi, kuSawule nakuyo inzalo yakhe.

9 UDavide waphendula oRekabi noBahana umfowabo amadodana kaRimoni waseBeyeroti, wathi kubo: Kuphila kukaJehova ohlengile umphefumulo wami osizini lonke,

10 umuntu owangitshela ukuthi: Bheka, uSawule ufile, ecabanga ukuthi ulethile izindaba ezinhle, ngambamba, ngambulala eSikilagi, ethi ngangiyakumnika umvuzo wezindaba zakhe;

11kakhulu kangakanani, lapho abantu ababi bebulele umuntu olungileyo endlini yakhe embhedeni wakhe, angiyikubiza igazi lakhe esandleni senu, nginisuse emhlabeni, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[12] UDavide wayeseyaleza izinsizwa zakhe, zababulala, zabanquma izandla nezinyawo, zabaphanyeka ngaseceleni kwechibi laseHebroni. Kepha bathatha ikhanda lika-Ishi Bosheti, balimbela ethuneni lika-Abineri eHebroni.

## 2 uSamuweli 5

### UDavide ubusa izwe lonke

[1] Izizwe zonke zakwa-Israyeli zafika kuDavide eHebroni, zasho zathi: Bheka, thina siyithambo lakho nenyama yakho.

[2] Ngesikhathi esidlulileyo, uSawule eseyinkosi phezu kwethu, nguwe owakhipha nowangenisa u-Israyeli; uJehova wathi kuwe: Wena uyakwalusa abantu bami u-Israyeli, wena uyakuba ngumbusi wakwa-Israyeli.

[3] Kwase kufika onke amalunga akwa-Israyeli enkosini eHebroni; inkosi uDavide yenza isivumelwano nawo eHebroni phambi kukaJehova; amgcoba uDavide abe yinkosi kwa-Israyeli.

[4] UDavide wayeneminyaka engamashumi amathathu ekuqaleni kwakhe ukubusa; wabusa iminyaka engamashumi amane.

[5] EHebroni wabusa kwaJuda iminyaka eyisikhombisa nezinyanga eziyisithupha; eJerusalema wabusa iminyaka engamashumi amathathu nantathu kwa-Israyeli wonke nakwaJuda.

[6] Inkosi nabantu bayo baya eJerusalema ukulwa namaJebusi ayakhe kulelo zwe; asho kuDavide, athi: Awuyikungena lapha; uyakususwa yizimpumputhe nezinyonga, ecabanga ukuthi uDavide angengene lapha.

[7]UDavide wathatha nokho inqaba yaseSiyoni engumuzi kaDavide.

[8]UDavide wathi ngalolo suku: Yilowo nalowo ochitha amaJebusi makasukele emseleni wamanzi izinyonga nezimpumputhe lezo ezizondwa ngumphefumulo kaDavide; ngalokho kuthiwa: Izimpumputhe nezinyonga azinakungena endlini.

[9]UDavide wahlala enqabeni, wayibiza ngokuthi umuzi kaDavide. UDavide wakha nxazonke kusukela eMilo kuya ngaphakathi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10UDavide waqhubeka njalo ngokukhula, ngokuba uJehova uNkulunkulu Sebawoti wayenaye.

11 UHiramu inkosi yaseTire wathuma izithunywa kuDavide, nemisedari, nababazi bemithi, nabakhi; bamakhela uDavide indlu.

12UDavide waqonda ukuthi uJehova wayemmisile impela ukuba abe yinkosi kwa-Israyeli nokuthi uphakamisile umbuso wakhe ngenxa yabantu bakhe u-Israyeli.

13 UDavide wazithathela ezinye izancinza nabafazi eJerusalema, esefikile evela eHebroni; uDavide wayesazalelwa amadodana namadodakazi.

14 Nanka amagama abazalelwa eJerusalema: oShamuwa, noShobabi, noNathani, noSolomoni,

15noJibari, no-Elishuwa, noNefegi, noJafiya,

16no-Elishama, no-Eliyada, no-Elifeleti.

17Lapho amaFilisti esezwile ukuthi bamgcobile uDavide ukuba abe yinkosi kwa-Israyeli, onke amaFilisti enyuka ukumfuna uDavide; uDavide wakuzwa, wehlela enqabeni.

18AmaFilisti esefikile ahlakazeka esiGodini samaRefa.

19 UDavide wabuza kuJehova, wathi: Ngiyakwenyuka, ngihlasele amaFilisti na? Uyakuwanikela esandleni sami na? UJehova wathi kuDavide: Yenyuka, ngokuba ngiyakuwanikela impela amaFilisti esandleni sakho.

20 UDavide wafika eBali Pherasimi, uDavide wawachitha khona; wathi: UJehova ufohlile ezitheni zami phambi kwami njengokufohla kwamanzi. Ngalokho waqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iBali Pherasimi.

21Ashiya izithombe zawo lapho; uDavide nabantu bakhe bahamba nazo.

22AmaFilisti abuye enyuka, ahlakazeka esiGodini samaRefa.

23Lapho uDavide ebuza kuJehova, wathi yena: Awuyikwenyuka; gwegwesa emva kwawo, uwafikele malungana namajikijolo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Kuyakuthi lapho usuzwa umsindo wokuhamba ezihlokweni zamajikijolo, usheshe, ngokuba kuyilapho uJehova eyakube ephumile ngaphambi kwakho ukuchitha impi yamaFilisti.

25UDavide wenze njalo njengalokho uJehova emyalile, wachitha amaFilisti kusukela eGeba kuze kufike eGezeri.

## 2 uSamuweli 6

### Umphongolo uyiswa eJerusalema

1 UDavide wabuye wabutha bonke abakhethiweyo bakwa-Israyeli, izinkulungwane ezingamashumi amathathu.

2 UDavide wahamba nabo bonke abantu ababe naye, besuka eBali Juda ukwenyusa khona umphongolo kaNkulunkulu obizwa ngeGama, lona igama likaJehova Sebawoti ohlala phezu kwamakherubi.

3 Bawuhambisa umphongolo kaNkulunkulu ngengqukumbane entsha, bewukhipha endlini ka-Abinadaba eyayisegqumeni; o-Uza no-Ahiyo amadodana ka-Abinadaba bashayela leyo ngqukumbane entsha.

4Bayikhipha-ke endlini ka-Abinadaba eyayisegqumeni kanye nomphongolo; u-Ahiyo wahamba phambi komphongolo.

5UDavide kanye nendlu yonke ka-Israyeli bathokoza ebusweni bukaJehova benezinto zonke zokubetha zomsayipuresi, namahabhu, nezingubhu, nezigubhu, nobuxhaka, namasimbali.

6Ekufikeni kwabo esibuyeni sikaNakoni u-Uza welulela isandla emphongolweni kaNkulunkulu, wawubamba, ngokuba izinkabi zashelela.

7 Intukuthelo kaJehova yamvuthela u-Uza, uNkulunkulu wamshaya lapho ngenxa yesiphosiso sakhe; wafela khona ngasemphongolweni kaNkulunkulu.

8UDavide wadabuka ngokuba uJehova emhlasele u-Uza, wayibiza leyo ndawo ngokuthi iPheresi-Uza kuze kube namuhla.

9UDavide wamesaba uJehova ngalolo suku. Wathi: Umphongolo kaJehova uyakuza kanjani kimi na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

10 Ngalokho uDavide akavumanga ukuwuletha umphongolo kaJehova kuye emzini kaDavide, kepha uDavide wawubuyisela eceleni endlini ka-Obede Edomi umGiti.

11 Umphongolo kaJehova wahlala endlini ka-Obede Edomi umGiti izinyanga ezintathu; uJehova wambusisa u-Obede Edomi nendlu yakhe yonke.

12 Kwatshelwa inkosi uDavide ukuthi uJehova ubusisile indlu ka-Obede Edomi nakho konke okwakhe ngenxa yomphongolo kaNkulunkulu. UDavide wahamba wenyusa umphongolo kaNkulunkulu endlini ka-Obede Edomi, wawuyisa emzini kaDavide ngokujabula.

13 Kwakuthi ababethwele umphongolo kaJehova sebehambile izinyathelo eziyisithupha, wahlaba inkabi nethole elikhuluphalisiweyo.

14 UDavide wasina phambi kukaJehova ngamandla akhe onke; uDavide wayebhince ingubo yamahlombe yelineni.

15 Kanjalo uDavide nayo yonke indlu ka-Israyeli benyusa umphongolo kaJehova ngokukhamuluka nangokukhala kwecilongo.

16 Kwathi umphongolo kaJehova ungena nje emzini kaDavide, uMikhali indodakazi kaSawule walunguza efasiteleni, wabona inkosi uDavide itshekula, isina phambi kukaJehova; wayidelela enhliziyweni yakhe.

17 Bawungenisa umphongolo kaJehova, bawubeka endaweni yawo phakathi kwetende uDavide alimisele wona; uDavide wanikela ngeminikelo yokushiswa nangeminikelo yokuthula phambi kukaJehova.

18 UDavide eseqedile ukunikela ngomnikelo wokushiswa nangeminikelo yokuthula wabusisa abantu egameni likaJehova Sebawoti.

19 Wababela bonke abantu esixukwini sonke sakwa-Israyeli, abesilisa nabesifazane, kwaba yilowo nalowo ucezu lwesinkwa, nesicubu senyama, nesigaxa sezithelo zomvini ezomileyo. Base behamba abantu bonke, baya, kwaba yilowo nalowo ekhaya lakubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 UDavide wayesebuya ukubusisa indlu yakhe. UMikhali indodakazi kaSawule waphuma ukumhlangabeza uDavide, wathi: Yeka udumo lwenkosi ka-Israyeli namuhla, ezambulile namuhla emehlweni ezincekukazi zezinceku zakhe njengomunye wamayiyane, ezambula nokuzambula.

21 Wayesethi uDavide kuMikhali: Ngaphambi kukaJehova owangikhetha phezu kukayihlo naphezu kwayo yonke indlu yakhe ukungimisa ukuba ngibe ngumbusi wabantu bakaJehova kwa-Israyeli, yebo, ngaphambi kukaJehova ngathokoza.

22 Ngiyakudeleleka kakhulu kunalokho, ngithotshiswe nasemehlweni ami, kodwa izincekukazi okhulume ngazo ngiyakudunyiswa yizo.

23 UMikhali indodakazi kaSawule akazalanga mntwana kwaze kwaba lusuku lokufa kwakhe.

## 2 uSamuweli 7

### UNkulunkulu akamvumeli uDavide ukwakha ithempeli

1 Kwathi lapho inkosi ihlala endlini yayo, uJehova eseyiphumuzile ezitheni zayo zonke, nxazonke,

2 inkosi yathi kuNathani umprofethi: Bheka, mina ngihlala endlini yemisedari, kepha umphongolo kaNkulunkulu uhlala phakathi kwezilenge.

3 UNathani wathi enkosini: Hamba wenze konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uJehova unawe.

4 Kepha kwathi ngalobo busuku izwi likaJehova lafika kuNathani, lathi:

5 Hamba uyitshele inceku yami uDavide ukuthi: Usho kanje uJehova, uthi: Uyakungakhela indlu ukuba ngihlale kuyo na?

6 Ngokuba angihlalanga ndlu kusukela osukwini engakhuphula ngalo abantwana bakwa-Israyeli eGibithe kuze kube namuhla, kepha ngangilokhu ngihamba etendeni nasetabernakele.

7 Ezindaweni zonke engihambahambe kuzo nakubo bonke abantwana bakwa-Israyeli ngake ngakhuluma yini izwi noma kusiphi isizwe sakwa-Israyeli

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

engasiyaleza ukwalusa abantu bami u-Israyeli ukuthi: Aningakhelanga ngani indlu yemisedari na?

8 Ngalokho uyakusho kanje encekwini yami uDavide, uthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Mina ngakuthatha edlelweni ekwaluseni izimvu ukuba ube ngumbusi wabantu bami kwa-Israyeli;

9 nganginawe nomaphi lapho wawuya khona, nganquma zonke izitha zakho ngaphambi kwakho; ngiyakukwenza igama elikhulu njengegama labakhulu abasemhlabeni.

10 Ngiyakumisela abantu bami u-Israyeli indawo, ngibatshale ukuba bahlale endaweni yabo, bangabe besanyakaziswa; futhi abantu ababi abasayikubahlupha njengakuqala,

11 kusukela osukwini engayaleza ngalo abahluleli ukuba babe phezu kwabantu bami u-Israyeli, ngikuphumuze ezitheni zakho zonke. Futhi uJehova uyakutshela ukuthi uJehova uyakukwenzela wena indlu.

12 Kuyakuthi lapho izinsuku zakho seziphelile, ube usulele koyihlo, ngiyakumisa inzalo yakho emva kwakho eyakuphuma ezibilinini zakho, ngiqinise umbuso wayo.

13 Yiyo eyakwakhela igama lami indlu; ngiyakuqinisa isihlalo sobukhosi sombuso wayo kuze kube phakade.

14 Mina ngiyakuba nguyise, yona ibe yindodana yami; uma yenza okubi, ngiyakuyilaya ngenduku yabantu nangemivimbo yabantwana babantu,

15 kepha umusa wami awuyikusuka kuyo, njengalokho ngawususa kuSawule engamsusa ngaphambi kwakho.

16 Indlu yakho nombuso wakho kuyakuqiniswa njalo phambi kwakho; isihlalo sakho sobukhosi siyakumiswa kuze kube phakade.

17 Njengawo onke lawo mazwi nanjengawo wonke lowo mbono uNathani wakhuluma kuDavide.

### Umkhuleko kaDavide

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 UDavide inkosi wayesengena, wahlala phambi kukaJehova, wathi: Ngingubani, Nkosi Jehova, nendlu yami iyini, ukuze ungilethe kuze kube lapha, na?

19Lokho kwakuyinto encane nje nokho emehlweni akho, Nkosi Jehova, kepha ukhulumile futhi ngendlu yenceku yakho isekude, ukukhulume futhi ngendlela yabantu, Nkosi Jehova.

20 UDavide angenezela ngokuthini kuwe na? Wena uyayazi inceku yakho, Nkosi Jehova.

21Ngenxa yezwi lakho nanjengokwenhliziyo yakho wenzile konke lokho okukhulu ukuba ukwazise inceku yakho.

22 Ngalokho umkhulu, Nkosi Jehova, ngokuba akakho onjengawe, akukho uNkulunkulu ngaphandle kwakho njengakho konke esikuzwileyo ngezindlebe zethu.

23 Yisiphi isizwe nesisodwa emhlabeni esinjengabantu bakho u-Israyeli, uNkulunkulu ayakuzihlengela bona ukuba babe ngabantu bakhe, azenzele igama, anenzele nina izinto ezinkulu, alenzele izwe lakini izinto ezesabekayo phambi kwabantu bakho owazihlengela bona eGibithe ezizweni nakubo onkulunkulu bazo, na?

24Wazimisela ukuba abantu bakho u-Israyeli babe ngabantu bakho kuze kube phakade, wena Jehova ube nguNkulunkulu wabo.

25 Manje, Jehova Nkulunkulu, izwi olikhulumile ngenceku yakho nangendlu yayo, liqinise kuze kube phakade, wenze njengokukhuluma kwakho.

26Malibe likhulu igama lakho kuze kube phakade ukuze kuthiwe: UJehova Sebawoti unguNkulunkulu ka-Israyeli, indlu yenceku yakho uDavide imiswe ngaphambi kwakho.

27 Ngokuba wena Jehova Sebawoti, Nkulunkulu ka-Israyeli, wambulele endlebeni yenceku yakho ukuthi: Ngiyakukwakhela indlu; ngalokho inceku yakho ithole isibindi sokukhuleka lo mkhuleko kuwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[28]Manje, Nkosi Jehova, wena unguNkulunkulu, namazwi akho ayiqiniso,
uthembisile inceku yakho lokhu okuhle;

[29]ngalokho-ke mawuvume ukubusisa indlu yenceku yakho ukuba ibe
sebusweni bakho kuze kube phakade, ngokuba wena Nkosi, Jehova,
ukukhulumile; ngesibusiso sakho mayibusiswe indlu yenceku yakho kuze
kube phakade.

## 2 uSamuweli 8

### Ukunqoba kukaDavide amazwe. Izinduna zakhe

[1] Kwathi emva kwalokho uDavide wawashaya amaFilisti, wawahlula,
wathatha itomu lomzimkhulu esandleni samaFilisti.

[2] Washaya nabakwaMowabi, wabalinganisa ngentambo, wabalalisa
emhlabathini, wabalinganisa ngezintambo ezimbili abayakubulawa
nangentambo epheleleyo abayakusindiswa. AbakwaMowabi base beba
yizinceku zikaDavide, bathela intela.

[3] UDavide wamshaya uHadadezeri indodana kaRehobe, inkosi yaseSoba,
ekuhambeni kwakhe ukubuyisa umbuso wakhe ngasemfuleni.

[4] UDavide wamaphuca abamahhashi abayinkulungwane namakhulu
ayisikhombisa nemigundatshani eyizinkulungwane ezingamashumi amabili;
uDavide wanquma imisipha yawo onke amahhashi ezinqola, washiya
awezinqola eziyikhulu kodwa.

[5]Ama-Aramu aseDamaseku esefika ukumsiza uHadadezeri inkosi yaseSoba,
uDavide wabulala abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili
nambili kuma-Aramu.

[6]UDavide wamisa amakhanda e-Aramu laseDamaseku, ama-Aramu aba
yizinceku zikaDavide, athela intela. UJehova wamnqobisa uDavide nomaphi
lapho eya khona.

[7]UDavide wathatha izihlangu zegolide ezazisezincekwini zikaHadadezeri,
waziletha eJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Emizini kaHadadezeri iBetha neBerothayi inkosi uDavide yathatha ithusi eliningi kakhulu.

9 Lapho uThoyi inkosi yaseHamati ezwa ukuthi uDavide ushayile yonke impi kaHadadezeri,

10 uThoyi wathuma uJoramu indodana yakhe enkosini uDavide ukuyibingelela nokuyibusisa, ngokuba yayilwile noHadadezeri, yamnqoba, ngokuba uHadadezeri wayelokhu elwa noThoyi; esandleni sakhe wayenezitsha zesiliva, nezitsha zegolide, nezitsha zethusi.

11 Nalezo inkosi uDavide yazingcwelisela uJehova kanye nesiliva negolide eyayilingcwelisile livela ezizweni zonke eyayizahlulile:

12 e-Aramu, nakwaMowabi, nakubantwana bakwa-Amoni, nakumaFilisti, naku-Amaleki, nasempangweni kaHadadezeri indodana kaRehobe, inkosi yaseSoba.

13 UDavide wazenzela igama ekubuyeni kwakhe esebulele ama-Aramu ayizinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili esiGodini sikaSawoti.

14 Wamisa amakhanda kwa-Edomi; kulo lonke lakwa-Edomi wamisa amakhanda, nabo bonke abakwa-Edomi baba yizinceku zikaDavide. UJehova wamnqobisa uDavide nomaphi lapho eya khona.

15 UDavide wabusa phezu kuka-Israyeli wonke, uDavide waphatha ukwahlulela nokulunga kubo bonke abantu bakhe.

16 UJowabe indodana kaSeruya wayephezu kwempi, uJehoshafati indodana ka-Ahiludi wayengumabhalana;

17 uSadoki indodana ka-Ahithubi no-Ahimeleki indodana ka-Abiyathara babe ngabapristi; uSeraya wayengumbhali;

18 uBenaya indodana kaJehoyada wayephezu kwamaKhereti namaPheleti; amadodana kaDavide ayengabapristi.

## 2 uSamuweli 9

### UDavide uphatha kahle uMefibosheti

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[1]UDavide wathi: Usekhona yini osele endlini kaSawule ukuba ngimenzele umusa ngenxa kaJonathani na?

[2]Kwakukhona endlini kaSawule inceku egama layo linguSiba; bambizela kuDavide; inkosi yathi kuye: UnguSiba na? Wathi: Inceku yakho inguye.

[3] Inkosi yayisithi: Akusekho endlini kaSawule noyedwa engingamenzela umusa kaNkulunkulu na? USiba wathi enkosini: UJonathani usenendodana elunyonga ngezinyawo.

[4] Yathi inkosi kuye: Iphi na? USiba wathi enkosini: Bheka, isendlini kaMakiri indodana ka-Amiyeli eLo Debari.

[5]Inkosi uDavide yayisithuma yamlanda endlini kaMakiri indodana ka-Amiyeli waseLo Debari.

[6]UMefibosheti indodana kaJonathani kaSawule wafika kuDavide, wawa ngobuso, wakhuleka. UDavide wathi: Mefibosheti. Wathi: Nansi inceku yakho.

[7]UDavide wayesethi kuye: Ungesabi, ngokuba impela ngiyakukwenzela umusa ngenxa kaJonathani uyihlo, ngikubuyisele lonke izwe likayihlo uSawule, udle njalo etafuleni lami.

[8] Wakhuleka wathi: Iyini inceku yakho ukuba ubheke inja efileyo njengami na?

[9]Inkosi yayisimbiza uSiba inceku kaSawule, yathi kuye: Konke okukaSawule nokwendlu yakhe yonke ngikunike indodana yenkosi yakho.

[10]Uyakumlimela umhlabathi, wena namadodana akho nezinceku zakho, uvune ukuba indodana yenkosi yakho ibe nokudla, kepha uMefibosheti indodana yenkosi yakho uyakudla njalo etafuleni lami. USiba wayenamadodana ayishumi nanhlanu nezinceku ezingamashumi amabili.

[11]USiba wathi enkosini: Njengakho konke inkosi yami, inkosi, eyale ngakho inceku yayo, iyakwenze njalo inceku yakho. UMefibosheti uyakudla etafuleni lenkosi njengenye yamadodana enkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12UMefibosheti wayenendodana encane egama layo linguMika. Bonke ababehlala endlini kaSiba babe yizinceku zikaMefibosheti.

13UMefibosheti wayesehlala eJerusalema, ngokuba wadla njalo etafuleni lenkosi; wayelunyonga ngezinyawo zakhe zombili.

## 2 uSamuweli 10

### Abakwa-Amoni badlala ngezigijimi zikaDavide. Bona nama-Aramu bachithwa nguDavide

1 Kwathi emva kwalokho inkosi yabantwana bakwa-Amoni yafa, uHanuni indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sayo.

2UDavide wathi: Ngiyakumenzela umusa uHanuni indodana kaNahashi, njengalokho uyise angenzela umusa. UDavide wayesethuma ngesandla sezinceku zakhe ukumduduza ngoyise. Zafika-ke izinceku zikaDavide ezweni labantwana bakwa-Amoni.

3Kepha izikhulu zabantwana bakwa-Amoni zathi kuHanuni inkosi yazo: Imbala ngokubona kwakho uDavide uthume abaduduzi kuwe ukuba atuse uyihlo na? UDavide akazithumanga yini izinceku zakhe kuwe ukuba ziphenye umuzi, ziwuhlole, ziwuchithe, na?

4UHanuni wayesebamba izinceku zikaDavide, waphucula inxenye yezilevu zazo, wahina izingubo zazo phakathi kwaze kwaba sezinqeni zazo, wazimukisa.

5Lapho sebemtshela uDavide lokho, wathumela ukuzihlangabeza, ngokuba ayenamahloni kakhulu lawo madoda. Yathi inkosi: Hlalani eJeriko, zize zihlume izilevu zenu, bese nibuya.

6Abantwana bakwa-Amoni sebebone ukuthi banengekile kuDavide, abakwa-Amoni bathuma baqasha ama-Aramu aseBeti Rehobe nama-Aramu aseSoba, imigundatshani eyizinkulungwane ezingamashumi amabili, nenkosi yaseMahakha inabantu abayinkulungwane, nabantu baseThobi beyizinkulungwane eziyishumi nambili.

7UDavide esezwile lokho wamthuma uJowabe nempi yonke yamaqhawe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Abantwana bakwa-Amoni baphuma, bahlela impi ngasesikhaleni sesango;
ama-Aramu aseSoba naseRehobe, nabantu baseThobi, nabaseMahakha
babebodwa endle.

9 Kepha uJowabe esebona ukuthi izimpondo zempi zimhaqile ngaphambili
nangasemuva wakhetha kwabakhethekileyo bakwa-Israyeli, wabahlela ukuba
balwe nama-Aramu;

10 abantu abaseleyo wababeka esandleni sika-Abishayi umfowabo, wabahlela
ukuba balwe nabantwana bakwa-Amoni.

11 Wathi: Uma ama-Aramu engahlula, uyakungisiza; kepha uma abantwana
bakwa-Amoni bekwahlula, ngiyakufika ngikusize.

12 Qinani, masiziqinise ngenxa yabantu bakithi nangenxa yemizi
kaNkulunkulu wethu; uJehova makenze okuhle emehlweni akhe.

13 UJowabe nabantu ababe naye base besondela ukuba balwe nama-Aramu;
kepha abaleka phambi kwakhe.

14 Lapho abantwana bakwa-Amoni bebona ukuthi ama-Aramu abalekile,
babaleka nabo phambi kuka-Abishayi, bangena emzini. UJowabe wayesebuya
kubantwana bakwa-Amoni, weza eJerusalema.

15 Ama-Aramu esebonile ukuthi anqotshiwe phambi kuka-Israyeli, abuthana
ndawonye.

16 UHadadezeri wathuma wakhipha ama-Aramu ayepheseya koMfula; afika
eHelamu, uShobaki induna yempi kaHadadezeri ephambi kwawo.

17 UDavide watshelwa, wabutha wonke u-Israyeli, wawela iJordani, wafika
eHelamu. Ama-Aramu azihlela ukuhlangabezana noDavide, alwa naye.

18 Ama-Aramu abaleka phambi kuka-Israyeli; uDavide wabulala kuma-Aramu
izinqola ezingamakhulu ayisikhombisa nabamahhashi abayizinkulungwane
ezingamashumi amane, wamshaya uShobaki induna yempi yabo, wafela
khona lapho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Lapho onke amakhosi ayeyizinceku zikaHadadezeri ebonile ukuthi anqotshiwe phambi kuka-Israyeli, enza ukuthula no-Israyeli, abakhonza. Ama-Aramu ayesesaba ukusiza abantwana bakwa-Amoni futhi.

## 2 uSamuweli 11

### Isono sikaDavide noBati Sheba

1 Emva komnyaka ngesikhathi sokuhlasela kwamakhosi uDavide wamthuma uJowabe nezinceku zakhe zinaye kanye no-Israyeli wonke, babachitha abantwana bakwa-Amoni, bavimbezela iRaba; kepha uDavide wahlala eJerusalema.

2 Kwathi kusihlwa uDavide wavuka embhedeni, wahamba ophahleni lwendlu yenkosi, wabona esesophahleni owesifazane egeza; owesifazane wayemuhle kakhulu, ebukeka.

3 UDavide wathuma wabuza ngalowo wesifazane. Omunye wathi: Lowo akasiye uBati Sheba yini, indodakazi ka-Eliyamu, umka-Uriya umHeti, na?

4 UDavide wathuma izithunywa, wamthatha; wangena kuye, walala naye, ngokuba wayesehlambulukile yena ekungcoleni kwakhe; wabuyela ekhaya.

5 Owesifazane wamitha, wathuma wamtshela uDavide, wathi: Ngikhulelwe.

6 UDavide wayesethumela kuJowabe ngokuthi: Thuma kimi u-Uriya umHeti. UJowabe wamthuma u-Uriya kuDavide.

7 Esefikile kuye u-Uriya, uDavide wabuza kuye impilo yakhe, nempilo yabantu, nokuthi impi ihamba kanjani.

8 UDavide wayesethi ku-Uriya: Yehla uye endlini yakho, ugeze izinyawo zakho. U-Uriya waphuma endlini yenkosi, kwamlandela isipho sokudla esivela enkosini.

9 Kepha u-Uriya walala ngasemnyango wendlu yenkosi kanye nazo zonke izinceku zenkosi yakhe, akehlelanga endlini yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10UDavide esetsheliwe ukuthi u-Uriya akehlelanga endlini yakhe, uDavide wathi ku-Uriya: Awubuyi ekuhambeni yini? Awehlelanga ngani endlini yakho na?

11 U-Uriya wathi kuDavide: Umphongolo, no-Israyeli, noJuda bahlezi emadokodweni; inkosi yami uJowabe nezinceku zenkosi yami zimisile endle; mina-ke, pho, ngingene endlini yami, ngidle, ngiphuze, ngilale nomkami na? Kuphila kwakho nokuphila komphefumulo wakho, angiyikuyenza leyo nto.

12Wayesethi uDavide ku-Uriya: Hlala lapha nanamuhla; kusasa ngiyakukuvumela ukuba uhambe. U-Uriya wayesehlala eJerusalema lolo suku nolulandelayo.

13Esebiziwe nguDavide wadla waphuza phambi kwakhe; wamdakisa; kusihlwa waphuma ukuyolala embhedeni wakhe kanye nezinceku zenkosi, kepha akehlelanga endlini yakhe.

14Kwathi ekuseni uDavide wamlobela uJowabe incwadi, wayithuma ngesandla sika-Uriya.

15Waloba encwadini ukuthi: Misani u-Uriya ngaphambili, lapho impi ishisa khona, nihlehle kuye ukuba ashaywe, afe.

16Kwathi uJowabe esahlozinga umuzi, wammisa u-Uriya endaweni lapho azi ukuthi kukhona amadoda anamandla.

17Abantu bomuzi baphuma balwa noJowabe; kwawa abantu abathile ezincekwini zikaDavide; wafa naye u-Uriya umHeti.

18UJowabe wayesethuma wamtshela uDavide zonke izindaba zempi;

19wasiyala isithunywa ngokuthi: Lapho uqedile ukuyitshela inkosi zonke izindaba zempi,

20kuyakuthi uma kuvuka intukuthelo yenkosi, ithi kuwe: Nisondeleleni kangako emzini ukulwa na? Beningazi yini ukuthi bebeyakucibishela besogangeni na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Ngubani owabulala u-Abimeleki indodana kaJerubesheti na? Angithi owesifazane esogangeni wamphonsa ngembokodwe, wafa eThebesi, na? Nisondeleleni kangako ogangeni na? uthi: Inceku yakho u-Uriya umHeti ifile nayo.

22Sase sihamba isithunywa, safika samtshela uDavide konke esasikuthunyelwe nguJowabe.

23Isithunywa sathi kuDavide: Amadoda ayesehlula, asiphumela endle, kepha sawaficezela kwaze kwaba sesikhaleni sesango.

24Abacibishelayo bacibishela izinceku zakho besogangeni; ezinye izinceku zenkosi zifile, nenceku yakho u-Uriya umHeti ifile nayo.

25UDavide wayesethi kuso isithunywa: Uyakusho kanje kuJowabe, uthi: Le nto mayingabi mbi emehlweni akho, ngokuba inkemba idla omunye njengomunye; qinisa impi yakho ngasemzini, uwuchithe; bese wumqunga isibindi.

26Umka-Uriya esezwa ukuthi u-Uriya indoda yakhe ufile wayililela indoda yakhe.

27Sekuphelile ukulila, uDavide wathuma wamletha endlini yakhe; waba ngumkakhe, wamzalela indodana. Kepha leyo nto eyenziwe nguDavide yayimbi emehlweni kaJehova.

## 2 uSamuweli 12

### Ukuzisola nokujeziswa kukaDavide

1UJehova wayesethuma uNathani kuDavide. Wafika kuye, wathi kuye: Kwakukhona amadoda amabili emzini munye, enye icebile, enye impofu.

2Ecebileyo yayinezimvu nezinkomo eziningi kakhulu,

3kepha empofu yayingenalutho, inexhukazana lilinye elincane nje kuphela, eyayilithengile yalondla; lakhulela kuyo nakubantwana bayo; ladla ucezu lwayo, laphuza esitsheni sayo, lalala esifubeni sayo, lalinjengendodakazi kuyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Kwase kufika isihambi endodeni ecebileyo, yayeka ukuthatha ezimvini
nasezinkomeni zayo ukusilungisela leso sihambi esasifike kuyo, kepha
yathatha ixhukazana lendoda empofu, yalilungisela umuntu owayefike kuyo.

5 Intukuthelo kaDavide yavutha kakhulu ngalowo muntu, wathi kuNathani:
Kuphila kukaJehova, umuntu owenze lokho ufanele ukufa;

6 uyakulibuyisa ixhukazana, liphindwe kane, ngokuba enze lokho nangokuba
wayengenasihawu.

7 UNathani wathi kuDavide: Nguwe lowo muntu. Usho kanje uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Ngakugcoba ube yinkosi phezu kuka-Israyeli,
ngakophula esandleni sikaSawule,

8 ngakunika indlu yenkosi yakho, nabafazi benkosi yakho esifubeni sakho,
ngakupha indlu yakwa-Israyeli neyakwaJuda; uma lokho bekukuncane,
ngangiyakukwenezela lokhu nalokho.

9 Udeleleleni izwi likaJehova ukuba wenze okubi emehlweni akhe na?
Ubulele u-Uriya umHeti ngenkemba, wathatha umkakhe abe ngumkakho,
wambulala ngenkemba yabantwana bakwa-Amoni.

10 Ngalokho inkemba ayiyikusuka endlini yakho, ngokuba ungidelele,
wathatha umka-Uriya umHeti ukuba abe ngumkakho.

11 Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakukuvusela okubi okuvela endlini
yakho, ngithathe abafazi bakho phambi kwamehlo akho, ngibanike
umakhelwane wakho, alale nabafazi bakho ekukhanyeni kwaleli langa.

12 Ngokuba wena wakwenza ngasese, kepha mina ngiyakukwenza lokhu
phambi kuka-Israyeli wonke naphambi kwelanga.

13 UDavide wathi kuNathani: Ngonile kuJehova. UNathani wathi kuDavide:
NoJehova ususile isono sakho; awuyikufa.

14 Nokho, ngokuba ngaleso senzo waveza ithuba elikhulu lokuba izitha
zikaJehova zihlambalaze, umntwana omzalelweyo uyakufa nokufa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15UNathani wayesebuyela endlini yakhe. UJehova washaya ngesifo umntwana owazalelwa uDavide kumka-Uriya, wagula kakhulu.

16UDavide wamncenga uNkulunkulu ngomntwana; uDavide wazila ukudla, wangena, walala emhlabathini ubusuku bonke.

17Amalunga endlu yakhe asuka aya kuye ukumvusa emhlabathini, kepha akavumanga, futhi kadlanga kudla nawo.

18Kwathi ngosuku lwesikhombisa umntwana wafa. Izinceku zikaDavide zesaba ukumtshela ukuthi umntwana ufile, ngokuba zathi: Bhekani, umntwana esezwa sakhuluma kuye, akalalelanga izwi lethu; pho, singamtshela kanjani ukuthi umntwana ufile? Angenza ingozi.

19Kepha uDavide ebona ukuthi izinceku zakhe ziyanyenyezelana, uDavide waqonda ukuthi umntwana ufile; uDavide wayesethi ezincekwini zakhe: Usefile umntwana na? Zathi: Ufile.

20UDavide wayesevuka emhlabathini, wageza, wazigcoba, waphendulela izingubo zakhe, wangena endlini kaJehova, wakhuleka; wayeseya endlini yakhe; lapho esecela ukudla, bakubeka phambi kwakhe, wadla.

21Zase zithi izinceku zakhe kuye: Yintoni le oyenzileyo na? Wazila ukudla, wakhala ngomntwana esekhona, kepha lapho esefile, uvukile wadla.

22Wathi-ke yena: Umntwana esekhona ngazila ukudla, ngakhala, ngokuba ngathi: Ngubani owaziyo ingabe uJehova uyakuba nomusa kimi ukuba umntwana aphile na?

23Manje usefile; ngiyakuzilelani na? Ngingambuyisa yini? Ngiyakuya kuye, kepha yena akayikubuyela kimi.

**Ukuzalwa kukaSolomoni**

24 UDavide wamduduza uBati Sheba umkakhe, wangena kuye, walala naye; wazala indodana, waqamba igama layo ngokuthi uSolomoni. UJehova wamthanda.

25Wathuma ngesandla sikaNathani umprofethi, wambiza ngokuthi uJedidiya ngenxa kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Ukuchithwa kweRaba

26 UJowabe walwa neRaba labantwana bakwa-Amoni, wathatha umuzi
wenkosi.

27UJowabe wathuma izithunywa kuDavide, wathi: Ngilwe neRaba, yebo,
ngathatha uMuzi Wamanzi.

28Ngalokho butha abantu abaseleyo, umise ngakuwo umuzi, uwuthathe, funa
mina ngiwuthathe umuzi, ubizwe ngegama lami.

29UDavide wayesebutha bonke abantu, waya eRaba, walwa nalo, walithatha.

30Wathatha umqhele wenkosi yabo ekhanda layo; isisindo sawo sasiyitalenta
legolide, itshe eliyigugu likuwo; wabekwa ekhanda likaDavide; wakhipha
emzini impango eningi kakhulu.

31Wakhipha nabantu ababe phakathi kwawo, wababeka emasaheni,
nasezibhuqweni zensimbi, nasemazembeni ensimbi, wabasebenzisa kohonela;
wenze njalo kuyo yonke imizi yakwa-Amoni. UDavide nabo bonke abantu
babuyela eJerusalema.

## 2 uSamuweli 13

### Isono sika-Amnoni nokubulawa kwakhe

1 Kwathi emva kwalokho u-Abisalomu indodana kaDavide wayenodadewabo
obukekayo ogama lakhe linguTamari; u-Amnoni indodana kaDavide
wamthanda.

2U-Amnoni wajilajileka waze wagula ngenxa kadadewabo uTamari, ngokuba
wayeyintombi; kwakungenakwenzeka emehlweni ka-Amnoni ukwenza lutho
kuye.

3 Kepha u-Amnoni wayenomngane ogama lakhe linguJonadaba indodana
kaShimeya umfowabo kaDavide; uJonadaba wayengumuntu onobuqili
kakhulu.

4Wathi kuye: Uzacelani kanjalo wena ndodana yenkosi imihla ngemihla na?
Ungengitshele na? Wathi u-Amnoni kuye: Ngithanda uTamari udadewabo ka-
Abisalomu umfowethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Wayesethi uJonadaba kuye: Lala embhedeni wakho, uzishaye ogulayo; lapho eseza uyihlo ukukubona, uthi kuye: Ake kuze uTamari udadewethu, angiphe ukudla, akulungise ukudla emehlweni ami ukuba ngikubone, ngikudle esandleni sakhe.

6 Wayeselala phansi u-Amnoni, wazishaya ogulayo; isifikile inkosi ukumbona, u-Amnoni wathi enkosini: Ake kuze uTamari udadewethu, enze amaqebelengwane amabili phambi kwami ukuba ngidle esandleni sakhe.

7 UDavide wayesethumela endlini kaTamari ngokuthi: Hamba manje, uye endlini ka-Amnoni umnewenu, umlungisele ukudla.

8 Wayesehamba uTamari, waya endlini ka-Amnoni umnewabo; wayelele phansi. Wathatha inhlama, wayixova, wenza amaqebelengwane phambi kwakhe, wapheka amaqebelengwane.

9 Wayesethatha ikhanzi, wawathulula phambi kwakhe; kepha wala ukudla. U-Amnoni wathi: Khipha bonke abantu kimi. Baphuma bonke kuye.

10 Wayesethi u-Amnoni kuTamari: Letha ukudla ekamelweni lami ukuba ngidle esandleni sakho. UTamari wawathatha amaqebelengwane awenzileyo, wawangenisa ekamelweni ku-Amnoni umnewabo.

11 Lapho ewasondeza kuye ukuba awadle, wambamba, wathi kuye: Woza ulale nami, dadewethu.

12 Yena wathi kuye: Qha, mnewethu, ungangiphoqi, ngokuba akufanele ukuba kwenziwe kanjalo kwa-Israyeli; ungenzi lobu buwula.

13 Mina-ke ngingayaphi nehlazo lami na? Nawe uyakuba njengomunye weziwula zakwa-Israyeli. Ngalokho ake ukhulume nenkosi, ngokuba ayiyikunginqabela nawe.

14 Akavumanga nokho ukulalela izwi lakhe, kepha ngokuba wayenamandla kunaye, wamphoqa, walala naye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

15U-Amnoni wayesemzonda ngenzondo enkulu kakhulu, ngokuba inzondo amzonda ngayo yaba nkulu kunothando akade emthanda ngalo. U-Amnoni wathi kuye: Vuka uhambe.

16Yena wayesethi kuye: Lobu bubi bokungixosha bukhulu kunalokho okunye okwenze kimi. Kepha akavumanga ukumlalela.

17Wayesebiza inceku yakhe eyayisebenza kuye, wathi: Khiphela phandle lo wesifazane, asuke kimi, uhluthulele emnyango emva kwakhe.

18Wayenengubo enemibala, ngokuba amadodakazi enkosi ayeyizintombi ayegqoka izingubo ezinjalo. Leyo nceku yayisimkhiphela phandle, yahluthulela emnyango emva kwakhe.

19 UTamari wayesezithela ngomlotha ekhanda, wayiklebhula ingubo yakhe enemibala owayeyigqokile, wathwala izandla ekhanda, wamuka, ehamba ekliwula.

20U-Abisalomu umnewabo wathi kuye: Umnewenu u-Amnoni kade enawe na? Thula, dadewethu; ungumnewenu, ungabeki inhliziyo yakho kule nto. UTamari wahlala eyisikhwebu nje endlini ka-Abisalomu umnewabo.

21Isizwile inkosi uDavide zonke lezo zinto yathukuthela kakhulu.

22U-Abisalomu akakhulumanga okuhle noma okubi, ngokuba u-Abisalomu wamzonda u-Amnoni, lokhu emphoqile udadewabo uTamari.

23Kwathi emva kweminyaka emibili epheleleyo u-Abisalomu wayenabagundi bezimvu eBali Hasori eliseduze no-Efrayimi; u-Abisalomu wamema onke amadodana enkosi.

24 U-Abisalomu waya enkosini, wathi: Bheka, inceku yakho inabagundi; mayihambe inkosi nezinceku zayo nenceku yakho.

25Inkosi yathi ku-Abisalomu: Qha, ndodana yami, masingahambi sonke, funa sikusinde. Wayicindezela; nokho ayivumanga ukuhamba, kodwa yambusisa.

26U-Abisalomu wayesethi: Uma kunjalo, makahambe nathi umfowethu u-Amnoni. Inkosi yathi: Uyakuhambelani nawe na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[27]U-Abisalomu wayicindezela, yaze yavuma ukuba u-Amnoni nawo onke
amadodana ahambe naye.

[28]U-Abisalomu wayala izinceku zakhe ngokuthi: Bhekani, lapho inhliziyo ka-
Amnoni ithokoza ngewayini nalapho ngithi kini: Bulalani u-Amnoni,
nimbulale ningesabi; angithi mina nginiyalile na? Yimani isibindi, nibe
ngamaqhawe.

[29]Izinceku zika-Abisalomu zenza ku-Amnoni njengokuyala kuka-Abisalomu.
Amadodana onke enkosi ayesesuka, yileyo naleyo yakhwela umnyuzi wayo,
abaleka.

[30]Kwathi besesendleleni, kwafika izwi kuDavide, lithi: U-Abisalomu ubulele
onke amadodana enkosi, akusalanga neyodwa yawo.

[31]Inkosi yayisisuka, yaklebhula izingubo zayo, yalala emhlabathini, nazo
zonke izinceku zema lapho, izingubo zazo ziklebhukile.

[32]UJonadaba indodana kaShimeya umfowabo kaDavide waphendula wathi:
Inkosi yami mayingathi babulele izinsizwa zonke, amadodana enkosi, lokhu
ngu-Amnoni yedwa ofileyo; ngokuba lokho kwakunqunyiwe ngomlomo ka-
Abisalomu kusukela kulolo suku aphoqa ngalo udadewabo uTamari.

[33]Ngalokho inkosi yami, inkosi, mayingabeki le nto enhliziyweni yayo
yokuthi onke amadodana enkosi afile, ngokuba ngu-Amnoni yedwa ofileyo.

### Ukubaleka kuka-Abisalomu

[34]Kepha u-Abisalomu wabaleka. Insizwa elindayo yaphakamisa amehlo ayo,
yabuka; bheka, kwaqhamuka abantu abaningi ngasendleleni yentaba emva
kwayo.

[35]UJonadaba wathi enkosini: Bheka, amadodana enkosi ayeza; kunjalo
njengokusho kwenceku yakho.

[36]Kwathi eseqedile ukukhuluma, bheka, afika amadodana enkosi, adazuluka,
akhala; nenkosi nazo zonke izinceku zayo zakhala ngokukhala okukhulu
kakhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[37] Kepha u-Abisalomu wabaleka, waya kuTalimayi indodana ka-Amihudi, inkosi yaseGeshuri. UDavide walilela indodana yakhe zonke izinsuku.

[38]Wabaleka-ke u-Abisalomu, waya eGeshuri, wahlala khona iminyaka emithathu.

[39]Inkosi uDavide yalangazelela ukuya ku-Abisalomu, ngokuba yayisiduduzekile ngo-Amnoni ibona ukuthi sewafa.

## 2 uSamuweli 14

### Owesifazane waseThekhowa

[1]UJowabe indodana kaSeruya wayeseqonda ukuthi inhliziyo yenkosi iku-Abisalomu.

[2]UJowabe wayesethumela eThekhowa, walanda khona owesifazane ohlakaniphileyo, wathi kuye: Ake uzishaye olilayo, ugqoke izingubo zokulila, ungazigcobi ngamafutha, kepha ube njengowesifazane oselilele ofileyo izinsuku eziningi,

[3]ungene enkosini, ukhulume kuyo ngalendlela. UJowabe wayesemfunza amazwi emlonyeni wakhe.

[4]Lapho owesifazane waseThekhowa ekhuluma enkosini, wawa ngobuso emhlabathini, wakhuleka, wathi: Siza, nkosi.

[5]Inkosi yathi kuye: Unani na? Wathi: Maye, ngingumfelokazi! Indoda yami seyafa.

[6]Incekukazi yakho yayinamadodana amabili; alwa odwa endle, akwabakho muntu wokulamula, kepha enye yashaya enye, yayibulala.

[7] Bheka, umndeni wonke usuvukele incekukazi yakho; bathi: Sinike yena owashaya umfowabo ukuba simbulale ngenxa yomphefumulo womfowabo, sichithe indlalifa. Bayakucima kanjalo ilahle lami eliseleyo, bangabe besashiyela indoda yami igama nensali ebusweni bomhlaba.

[8]Inkosi yayisithi kowesifazane: Yiya endlini yakho; mina ngiyakuyaleza ngawe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Owesifazane waseThekhowa wathi enkosini: Nkosi yami, nkosi, icala malibe phezu kwami naphezu kwendlu kababa, inkosi nesihlalo sayo sobukhosi kube msulwa.

10 Yathi inkosi: Oshoyo utho kuwe, mlethe kimi; akayikuphinda akuthinte.

11 Wayesethi yena: Inkosi ake ikhumbule uJehova uNkulunkulu wayo ukuba umphindiseli wegazi angaqhubeki ukuchitha nokuba bangayibulali indodana yami. Yathi: Kuphila kukaJehova, akuyikuwela phansi nolulodwa unwele lwendodana yakho.

12 Wayesethi owesifazane: Incekukazi yakho mayikhulume izwi enkosini yami, inkosi. Yathi: Khuluma.

13 Wathi-ke owesifazane: Uqambeleni okunjalo ngabantu bakaNkulunkulu na? Ngokukhuluma leli zwi inkosi injengonecala, lokhu inkosi ingabuyisi oxoshiweyo wayo.

14 Ngokuba simelwe ukufa, sinjengamanzi achithwa emhlabathini, angenakuqoqwa futhi; uNkulunkulu akasusi ukuphila, kepha uqamba amasu ukuba oxoshiweyo angabi ngumxoshwa kuye.

15 Ngalokho-ke lokhu ngize ukukhuluma leli zwi enkosini yami, inkosi, kungokuba abantu bengesabisile; incekukazi yakho yayisithi: Mangikhulume enkosini; mhlawumbe inkosi iyakwenza izwi lencekukazi yayo.

16 Ngokuba inkosi iyakuzwa, yophule incekukazi yayo esandleni somuntu oyakungichitha mina nendodana yami efeni likaNkulunkulu.

17 Yayisithi incekukazi yakho: Izwi lenkosi yami, inkosi, malibe ngelokuthula, ngokuba inkosi yami, inkosi, injengengelosi kaNkulunkulu ekuzweni okuhle nokubi; uJehova uNkulunkulu wakho makabe nawe.

18 Yayisiphendula inkosi, yathi kowesifazane: Ake ungafihli lutho kimi engiyakulubuza mina kuwe. Wathi owesifazane: Mayikhulume inkosi yami, inkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[19]Yathi-ke inkosi: Isandla sikaJowabe sinawe yini kukho konke lokhu na? Owesifazane waphendula wathi: Kuphila kwakho, nkosi yami, nkosi, akukho muntu ongaphendukela ngakwesokunene nangakwesokhohlo kukho konke okukhulunywe yinkosi yami, inkosi, ngokuba inceku yakho uJowabe yangiyaleza, yafunza onke lawo mazwi emlonyeni wencekukazi yakho;

[20]uJowabe inceku yakho wenzile lokho ukuba aphendukezele ubuso bendaba; inkosi yami ihlakaniphile njengokuhlakanipha kwengelosi kaNkulunkulu ukwazi konke okusemhlabeni.

**Ukubuya kuka-Abisalomu nokuthethelelwa kwakhe**

[21]Inkosi yayisithi kuJowabe: Bheka-ke, yenza lokhu: hamba ubuyise umfana u-Abisalomu.

[22]UJowabe wawa phansi ngobuso, wakhuleka, wayibusisa inkosi; uJowabe wathi: Namuhla inceku yakho iyazi ukuthi ngifumene umusa emehlweni akho, nkosi yami, nkosi, lokhu inkosi ilenzile izwi lenceku yayo.

[23] Wayesesuka uJowabe wahamba, waya eGeshuri, wamletha u-Abisalomu eJerusalema.

[24]Inkosi yathi: Makaye endlini yakhe, angaboni nokho ubuso bami. Wayeseya u-Abisalomu endlini yakhe, akabubona ubuso benkosi.

[25]Kwa-Israyeli wonke kwakungekho muntu omuhle njengo-Abisalomu owababazeka kakhulu, kungekho sici kuye kusukela ematheni onyawo kuze kube sokhakhayini.

[26]Nxa ephucula ikhanda lakhe ngokuba wayelokhu eliphucula njalo ngasekupheleni komnyaka, lokhu izinwele zakhe zamsinda; ngalokho waziphucula wazilinganisa izinwele zekhanda lakhe, zalingana namashekeli angamakhulu amabili ngesisindo senkosi.

[27] U-Abisalomu wazalelwa amadodana amathathu nendodakazi inye egama layo linguTamari; yayingowesifazane obukeka emuhle.

[28]U-Abisalomu wahlala eJerusalema iminyaka emibili epheleleyo, engabuboni ubuso benkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29U-Abisalomu wayesethumela kuJowabe ukuba amthume enkosini, kepha
akavumanga ukuza kuye; waphinda wathumela ngokwesibili, kepha
akavumanga ukuza.

30Wayesethi ezincekwini zakhe: Bhekani, insimu kaJowabe iseduze neyami,
unebhali khona; hambani niyithungele ngomlilo. Izinceku zika-Abisalomu
zayithungela-ke insimu ngomlilo.

31Wayesesuka uJowabe, waya ku-Abisalomu endlini yakhe, wathi kuye:
Izinceku zakho ziyithungeleleni insimu yami ngomlilo na?

32U-Abisalomu wathi kuJowabe: Bheka, ngithumele kuwe, ngithi: Woza lapha
ukuba ngikuthume enkosini ukuyothi: Ngisukeleni eGeshuri na? Ngabe
kungcono kimi ukuba bengisekhona lapho. Ngalokho mangibone ubuso
benkosi; uma kukhona icala kimi, mayingibulale.

33Wayeseya uJowabe enkosini, wayitshela; isimbizile u-Abisalomu, weza
enkosini, wakhothamela kuyo, ubuso bakhe bubheke phansi, phambi
kwenkosi; inkosi yamanga u-Abisalomu.

## 2 uSamuweli 15

### Ukwambuka kuka-Abisalomu

1 Kwathi emva kwalokho u-Abisalomu wazilungiselela inqola, namahhashi,
nabantu abangamashumi ayisihlanu ukuba bagijime phambi kwakhe.

2U-Abisalomu wavuka ekuseni, wema ngaseceleni kwendlela yesango;
kwakuthi wonke umuntu onecala eliya enkosini ukuba lithethwe, u-
Abisalomu wambiza wathi: Ungowamuphi umuzi na? athi: Inceku yakho
ingowesinye sezizwe zakwa-Israyeli.

3Wathi u-Abisalomu kuye: Bheka, izindaba zakho zinhle, zilungile, kepha
akukho muntu obekwe yinkosi ukuba akuzwe.

4U-Abisalomu wathi futhi: Sengathi ngingenziwa umahluleli ezweni, kuze
kimi wonke umuntu onecala nendaba, ngimenzele ukulunga.

5Kwathi lapho kusondela umuntu ukuba akhuleke kuye, waselula isandla
sakhe, wambamba, wamanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Wenze njalo u-Abisalomu kubo bonke abakwa-Israyeli abeza enkosini ngamacala; u-Abisalomu weba izinhliziyo zabantu bakwa-Israyeli.

7 Kwathi ngasekupheleni kweminyaka engamashumi amane u-Abisalomu wathi enkosini: Mangihambe ukugcwalisa isithembiso sami engasethembisa kuJehova eHebroni.

8 Ngokuba inceku yakho yenza isithembiso ngisahlezi eGeshuri lase-Aramu sokuthi: Uma uJehova engibuyisela impela eJerusalema, ngiyakumkhonza uJehova.

9 Inkosi yathi kuye: Hamba ngokuthula. Wayesesuka, waya eHebroni.

10 Kepha u-Abisalomu wathuma izinhloli ezizweni zonke zakwa-Israyeli ngokuthi: Lapho nizwa ukukhala kwecilongo, anothi: U-Abisalomu uyinkosi eHebroni.

11 Kwahamba no-Abisalomu abantu abangamakhulu amabili, bebiziwe bephuma eJerusalema; bahamba bemsulwa, bengazi lutho nakanci.

12 U-Abisalomu wathuma walanda u-Ahithofeli umGiloni, umluleki kaDavide, emzini wakubo waseGilo, esanikela ngemihlatshelo. Uzungu lwaqina, abantu banda njalo ku-Abisalomu.

### Ukubaleka kukaDavide

13 Kwafika umbiki kuDavide, wathi: Izinhliziyo zabantu bakwa-Israyeli zilandela u-Abisalomu.

14 UDavide wayesethi ezincekwini zakhe zonke ezazinaye eJerusalema: Sukani, sibaleke, ngokuba, uma singenzi njalo, akuyikuphunyuka muntu kithi phambi kuka-Abisalomu; sheshani, nimuke, funa asifice masinyane, asehlisele okubi, awuchithe umuzi ngosiko lwenkemba.

15 Izinceku zenkosi zathi enkosini: Noma yintoni engayikhetha inkosi yethu, inkosi bheka, nazi izinceku zakho.

16 Yayisiphuma inkosi, bonke abendlu bayo beyilandela. Inkosi yashiya abesifazane abayishumi abayizancinza ukuba balinde indlu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Yaphuma-ke inkosi, bonke abantu beyilandela; bahlala eBeti Hamerhaki.

18 Zonke izinceku zadlula eceleni kwakhe kanye nawo onke amaKhereti nawo
onke amaPheleti; nawo onke amaGiti, abantu abangamakhulu ayisithupha,
ayeyilandela esuka eGati, adlula phambi kwenkosi.

19Inkosi yayisithi ku-Ithayi umGiti: Nawe uhambelani nathi na? Buya uhlale
nenkosi, ngokuba ungumfokazi nomxoshwa endaweni yakho.

20Ufikile izolo nje; ngikuzulazulise nathi yini namuhla, ngisahamba lapho
ngiya khona, na? Buya wena, ubuyise nabafowenu; umusa neqiniso makube
nawe.

21 U-Ithayi wayiphendula inkosi, wathi: Kuphila kukaJehova nokuphila
kwenkosi yami, inkosi, impela kuleyo ndawo eyakuba kuyo inkosi yami,
inkosi, noma kusekufeni noma kusekuphileni, lapho iyakuba khona nenceku
yakho.

22UDavide wathi ku-Ithayi: Hamba, uwele. U-Ithayi umGiti wawela kanye
nabo bonke abantu bakhe nazo zonke izingane ezazinaye.

23 Izwe lonke lakhala ngezwi elikhulu, nabantu bonke bawela; nenkosi futhi
yawela umfudlana iKidroni, nabantu bonke bawela ngasendleleni yasehlane.

24Bheka, kwafika noSadoki nawo onke amaLevi enaye, ethwele umphongolo
wesivumelwano sikaNkulunkulu; abeka phansi umphongolo kaNkulunkulu, u-
Abiyathara wenyuka, baze baphuma bonke abantu emzini.

25 Inkosi yathi kuSadoki: Buyisela emzini umphongolo kaNkulunkulu; uma
ngiyakufumana umusa emehlweni kaJehova, uyakungibuyisa, angibonise
wona nendlu yawo;

26 kepha uma esho kanje, ethi: Angithokozi ngawe, bheka, ngilapha, makenze
kimi okuhle emehlweni akhe.

27 Yathi inkosi kuSadoki umpristi: Ungumboni; buyela emzini ngokuthula,
namadodana enu amabili enani, o-Ahimahasi indodana yakho noJonathani
indodana ka-Abiyathara.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28Bheka, mina ngiyakulibala ngasemazibukweni asehlane, kuze kufike izwi
elivela kini lokungibikela.

29Ngalokho oSadoki no-Abiyathara bawubuyisela umphongolo kaNkulunkulu
eJerusalema, bahlala khona.

30 UDavide wenyuka ngommango weNtaba Yeminqumo, enyuka ekhala,
egubuzele ikhanda, engenazicathulo; bonke abantu ababenaye bagubuzela,
kwabayilowo nalowo ikhanda lakhe, benyuka, benyuka bekhala.

31 Kwabikwa kuDavide ukuthi: U-Ahithofeli uphakathi kwabozungu luka-
Abisalomu. Wayesethi uDavide: Jehova, mawuntumazelise amasu ka-
Ahithofeli.

32Kwathi ukuba uDavide adundubale esiqongweni, lapho kukhulekwa khona
kuNkulunkulu, bheka, kwamhlangabeza uHushayi umArki, ibhantshi lakhe
liklebhukile, enomhlabathi ekhanda lakhe.

33UDavide wathi kuye: Uma uhamba nami, uyakuba ngumthwalo kimi;

34 kepha uma ubuyela emzini, uthi ku-Abisalomu: Ngiyakuba yinceku yakho,
nkosi; kade ngiyinceku kayihlo, manje ngiyakuba yinceku yakho, khona
uyakungishafisela amasu ka-Ahithofeli.

35Abakho lapho nawe oSadoki no-Abiyathara abapristi na? Kuyakuthi konke
okuzwayo endlini yenkosi ukutshele oSadoki no-Abiyathara abapristi.

36Bheka, kukhona lapho nabo amadodana abo amabili, o-Ahimahasi indodana
kaSadoki noJonathani indodana ka-Abiyathara; niyakuthuma kimi ngesandla
sabo konke eniyakukuzwa.

37UHushayi, umngane kaDavide, wayesengena emzini; u-Abisalomu wangena
eJerusalema.

## 2 uSamuweli 16

### OSiba noMefibosheti

1 UDavide esedlulile kancane isiqongo sentaba, bheka, kwamhlangabeza
uSiba inceku kaMefibosheti enezimbongolo ezimbili eziboshelweyo, zithwele

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

izinkwa ezingamakhulu amabili, nezigaxa eziyikhulu zezithelo zomvini ezomileyo, nezigaxa eziyikhulu zamakhiwane, nemvaba yewayini.

2Inkosi yathi kuSiba: Uthini ngalezi zinto na? Wathi uSiba: Izimbongolo zingezokukhwelwa ngabantu bendlu yenkosi, izinkwa nezithelo zingezokudliwa, newayini lingelokuphuzwa ngabayethileyo ehlane.

3 Yayisithi inkosi: Iphi indodana yenkosi yakho na? USiba wathi enkosini: Bheka, ihlezi eJerusalema, ngokuba yathi: Namuhla indlu ka-Israyeli iyakubuyisela kimi umbuso kababa.

4Yayisithi-ke inkosi kuSiba: Bheka, kungokwakho konke okwakungokukaMefibosheti. Wathi uSiba: Ngiyakhuleka: mangifumane umusa emehlweni akho, nkosi yami, nkosi.

**UDavide uthukwa nguShimeyi**

5 Kwathi lapho inkosi uDavide ifika eBahurimi, bheka, kwaphuma khona umuntu womndeni wendlu kaSawule ogama lakhe linguShimeyi indodana kaGera; waphuma, wahamba ethuka.

6Wamphonsa uDavide ngamatshe kanye nezinceku zonke zenkosi uDavide, bonke abantu nawo onke amaqhawe bengasesandleni sakhe sokunene nangakwesokhohlo.

7UShimeyi washo kanje ekuthukeni kwakhe, wathi: Suka, suka wena muntu wegazi, muntu omubi!

8UJehova ubuyisele phezu kwakho lonke igazi lendlu kaSawule okade ubusa esikhundleni sakhe; uJehova unikele umbuso esandleni sika-Abisalomu indodana yakho; bheka, usubhajiwe ebubini bakho, ngokuba ungumuntu wegazi.

9 U-Abishayi indodana kaSeruya wayesethi enkosini: Le nja efileyo ingayithukelani inkosi yami, inkosi, na? Mangiye ngiyinqume ikhanda.

10 Yathi inkosi: Nginamsebenzi muni nani madodana kaSeruya. Njengokuba ethuka, lokhu uJehova eshilo futhi kuye ukuthi: Thuka uDavide, ngubani ongasho ukuthi: Ukwenzeleni lokho na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 UDavide wayesethi ku-Abishayi nakuzo zonke izinceku zakhe: Bhekani, indodana yami eyaphuma ezibilinini zami ifuna ukuphila kwami; kakhulu kangakanani lo mBenjamini na? Myekeni, athuke, ngokuba uJehova ukhulumile kuye.

12 Mhlawumbe uJehova uyakubheka usizi lwami, angibuyisele okuhle ngokungithuka namuhla.

13 UDavide nabantu bakhe bahamba ngendlela; uShimeyi wahamba eceleni kwentaba malungana naye, wahamba ethuka, wamphonsa ngamatshe, wamthela ngothuli.

### OHushayi no-Ahithofeli

14 Inkosi nabo bonke abantu ababenayo bafika beyethile; wahlunyelelwa khona.

15 U-Abisalomu nabantu bonke, amadoda akwa-Israyeli, bafika eJerusalema, u-Ahithofeli enabo.

16 Kwathi lapho uHushayi umArki umngane kaDavide esefikile ku-Abisalomu, uHushayi wathi ku-Abisalomu: Mana njalo, nkosi; mana njalo, nkosi.

17 U-Abisalomu wayesethi kuHushayi: Lokhu kungukuthembeka kwakho kumngane wakho na? Awuhambanga ngani nomngane wakho na?

18 Wayesethi uHushayi ku-Abisalomu: Qha, lo okhethwe nguJehova, nayilaba bantu, nangabantu bonke bakwa-Israyeli, ngiyakuba ngowakhe, ngihlale naye.

19 Futhi ngikhonze bani na? Kungabi phambi kwendodana yakhe na? Njengalokho ngakhonza phambi kukayihlo, kanjalo ngiyakuba phambi kwakho.

20 Wayesethi u-Abisalomu ku-Ahithofeli: Sipheni isiluleko sokuthi siyakwenze njani.

21 Wathi-ke u-Ahithofeli ku-Abisalomu: Ngena kuzo izancinza zikayihlo azishiyile ukuba zilinde indlu; u-Israyeli wonke uyakuzwa ukuba unengwa nguyihlo, ziqine izandla zabo bonke abanawe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

22 Bammisela u-Abisalomu itende ophahleni lwendlu; u-Abisalomu wangena
kuzo izancinza zikayise emehlweni abo bonke abakwa-Israyeli.

23 Isiluleko sika-Ahithofeli aluleka ngaso ngalezo zinsuku sasinjengokungathi
bekubuzwe kuNkulunkulu; zazinjalo iziluleko zika-Ahithofeli kuDavide naku-
Abisalomu.

## 2 uSamuweli 17

### Isiluleko sesibili sika-Ahithofeli

1 U-Ahithofeli wathi futhi ku-Abisalomu: Mangikhethe manje abantu
abayizinkulungwane eziyishumi nambili, ngisuke ngimxoshe uDavide
ngalobu busuku,

2 ngimfikele ekhathele, eyethile, ngimesabise; bonke abantu abanye
bayakubaleka, ngibulale inkosi kuphela,

3 ngibuyisele kuwe bonke abantu; umuntu omfunayo unjengokungathi bonke
babuyile; bonke abantu bayakuba nokuthula.

4 Leli zwi lamjabulisa u-Abisalomu nawo onke amalunga akwa-Israyeli.

5 Wayesethi u-Abisalomu: Mawumbize noHushayi umArki, sizwe
okusemlonyeni wakhe naye.

6 UHushayi esefikile ku-Abisalomu, u-Abisalomu wakhuluma kuye, wathi: U-
Ahithofeli ukhulume kanjalo; siyakwenza njengokusho kwakhe na? Uma
kungenjalo, khuluma wena.

7 UHushayi wathi ku-Abisalomu: Isiluleko u-Ahithofeli eluleke ngaso manje
asisihle.

8 Wathi futhi uHushayi: Uyamazi uyihlo nabantu bakhe ukuthi
bangamaqhawe nokuthi bacasukile ezinhliziyweni zabo njengebhere
elaphucwe amazinyane alo endle; uyihlo uyindoda yempi, akayikuhlala
nabantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Bheka, manje ucashile emgodini noma kwenye indawo; kuyakuthi lapho
esebafikela ekuqaleni nje, okuzwayo athi: Abantu abalandela u-Abisalomu
banqotshiwe;

10naye onesibindi, onhliziyo yakhe injengenhliziyo yengonyama, uyakuphela
amandla, ngokuba wonke u-Israyeli uyazi ukuthi uyihlo uyiqhawe, nabanaye
bangamadoda anamandla.

11 Ngalokho ngiyaluleka ukuba wonke u-Israyeli abuthane kuwe, kusukela
kwaDani kuze kufike eBeri Sheba, ngangesihlabathi esingasolwandle
ngobuningi, wena uqobo lwakho uye empini.

12Sesiyakumfikela endaweni ethile lapho engatholakala khona, simehlele
njengokuwela kwamazolo emhlabathini; kuyena nabantu bonke abanaye
asiyikushiya noyedwa.

13Noma engena emzini, wonke u-Israyeli uyakuyisa amagoda kulowo muzi,
siwuhudulele emfuleni, kungabe kusafunyanwa khona netshana elilodwa.

14 U-Abisalomu nabantu bonke bakwa-Israyeli bathi: Isiluleko sikaHushayi
umArki singcono kunesiluleko sika-Ahithofeli. Ngokuba uJehova
wayenqumile ukuba kushafiswe isiluleko esihle sika-Ahithofeli, ukuze
uJehova amehlisele u-Abisalomu okubi.

15UHushayi wayesethi kuSadoki naku-Abiyathara abapristi: U-Ahithofeli
weluleka u-Abisalomu namalunga akwa-Israyeli kanje nakanje; mina
ngeluleke kanje nakanje.

16Ngalokho thumelani masinyane nimtshele uDavide ukuthi: Ungahlali
ngasemazibukweni asehlane ngalobu busuku, kepha uwele nokuwela, funa
inkosi igwinywe kanye nabantu bonke abanayo.

17 OJonathani no-Ahimahasi babehlala e-Eni Rogeli; incekukazi yayizinge
ibatshela; bona bahamba bayibikela inkosi uDavide ukuba bangabonwa
behamba beya emzini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

18Kepha umfana wababona, wamtshela u-Abisalomu; base beshesha, bahamba bobabili, bafika endlini yomuntu waseBahurimi owayenomthombo egcekeni lakhe; behlela khona.

19 Owesifazane wathatha isimbozo, wasendlala phezu komlomo womthombo, weneka umqhazulo kuso, kungaziwa lutho.

20Zase zifika izinceku zika-Abisalomu kowesifazane endlini, zathi: Baphi o-Ahimahasi noJonathani na? Owesifazane wathi kuzo: Bawuwele umfudlana. Sezibafunile zingabatholanga, zabuyela eJerusalema.

21Kwathi sezimukile, baphuma emthonjeni, baya bayitshela inkosi uDavide, bathi kuDavide: Sukani, nisheshe niwele amanzi, ngokuba u-Ahithofeli weluleke kanjalo ngani.

22UDavide wayesesuka nabo bonke abantu ababe naye, bawela iJordani; ngasekuseni akusalanga noyedwa ongaliwelanga iJordani.

23Lapho u-Ahithofeli ebona ukuthi isiluleko sakhe asilandelwanga, wayibophela imbongolo yakhe, wasuka, waya ekhaya emzini wakhe, wayala ngendlu yakhe, waziphanyeka, wafa, wembelwa ethuneni likayise.

### UDavide useMahanayimi

24UDavide wayesefika eMahanayimi. U-Abisalomu waliwela iJordani, yena nabo bonke abantu bakwa-Israyeli kanye naye.

25 U-Abisalomu wabeka u-Amasa phezu kwempi esikhundleni sikaJowabe. U-Amasa wayeyindodana yomuntu ogama lakhe lalingu-Itira umIsrayeli, owangena ku-Abigali indodakazi kaNahashi, udadewabo kaSeruya unina kaJowabe.

26O-Israyeli no-Abisalomu bamisa ezweni lakwaGileyadi.

27 Kwathi uDavide esefikile eMahanayimi, uShobi indodana kaNahashi waseRaba labantwana bakwa-Amoni, noMakiri indodana ka-Amiyeli waseLo Debari, noBarizilayi wakwaGileyadi waseRogelimi

28baletha amacansi, nemicengezi, nezitsha zebumba, nokolweni, nebhali, nempuphu notshwele, nobhontshisi, nembumba, nenhlosa,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[29]nezinyosi, namangqanga, nezimvu, noshizi wezinkomo kuDavide nabantu ababe naye ukuba badle, ngokuba bathi: Abantu balambile, bakhathele, bomile ehlane.

## 2 uSamuweli 18

### Impi kaDavide no-Abisalomu

[1]UDavide wabala abantu ababe naye, wabeka phezu kwabo izinduna zezinkulungwane nezinduna zamakhulu.

[2]UDavide wamukisa abantu, inxenye yesithathu iphansi kwesandla sikaJowabe, nenxenye yesithathu iphansi kwesandla sika-Abishayi indodana kaSeruya, umfowabo kaJowabe, nenxenye yesithathu iphansi kwesandla sika-Ithayi umGiti. Inkosi yathi kubantu: Nami ngiyakuphuma nokuphuma nani.

[3] Kepha abantu bathi: Awuyikuphuma, ngokuba uma sibaleka, abayikusinakekela; noma kufa inxenye yethu, abayikusikhathalela, kepha wena unjengezinkulungwane eziyishumi zethu; ngalokho kuhle ukuba usisize usemzini.

[4]Yayisithi inkosi kubo: Okuhle emehlweni enu ngiyakukwenza. Inkosi yema ngaseceleni kwesango, bonke abantu baphuma ngamakhulu nangezinkulungwane.

[5]Inkosi yabayaleza oJowabe no-Abishayi no-Ithayi, yathi: Anoyiphatha kahle insizwa ngenxa yami, ngisho u-Abisalomu. Bonke abantu bezwa, lapho inkosi iyaleza zonke izinduna ngo-Abisalomu.

[6]Base bephumela endle ukulwa no-Israyeli, kwaliwa ehlathini lakwa-Efrayimi.

[7]Abantu bakwa-Israyeli banqotshwa lapho phambi kwezinceku zikaDavide, kwakukhona ukubulalana okukhulu ngalolo suku, abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili.

[8]Ngokuba impi yahlakazeka khona ezweni lonke, ihlathi laqeda abantu abaningi ngalolo suku kunabadliwa yinkemba.

### Ukufa kuka-Abisalomu nokukhala kukaDavide

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 U-Abisalomu wasuka wahlangana nezinceku zikaDavide. U-Abisalomu
wayekhwele umnyuzi wakhe, umnyuzi wangena phansi kwehlozi le-oki,
ikhanda lakhe labambelela e-okini, waphakanyiselwa emkhathini wezulu
nomhlaba; umnyuzi obuphansi kwakhe wadlula.

10 Umuntu othile wakubona, wamtshela uJowabe, wathi: Bheka, ngibone u-
Abisalomu ephanyekekile e-okini.

11 UJowabe wathi kumuntu omtshelileyo: Bheka, ukubonile, awumjuqanga
ngani khona, awele phansi, na? Nga ngikunikile izinhlamvu eziyishumi
zesiliva nebhande.

12 Wathi-ke umuntu kuJowabe: Noma bengiyakukhokhelwa izinhlamvu
eziyinkulungwane zesiliva esandleni sami, nokho bengingayikuselulela
isandla sami endodaneni yenkosi, ngokuba ezindlebeni zethu inkosi yakuyala
wena no-Abishayi no-Ithayi ukuthi: Yilondeni insizwa u-Abisalomu.

13 Uma bengisebenzile inkohliso ngokuphila kwakhe, njengokuba kungekho
nto efihlwa enkosini, nawe uqobo ngabe umelene nami.

14 Wayesethi uJowabe: Anginakulibala kanje nawe. Wathatha imikhonto
emithathu ngesandla sakhe, wambhokoda u-Abisalomu enhliziyweni esezwa,
ephakathi kwe-oki.

15 Izinsizwa eziyishumi ezaziphethe izikhali zikaJowabe zamzungeza,
zamshaya u-Abisalomu, zambulala.

16 UJowabe wayesebetha icilongo, abantu babuya ekumxosheni u-Israyeli,
ngokuba uJowabe wabagodla abantu.

17 Bamthatha u-Abisalomu, bamlahla emgodini omkhulu ehlathini, babeka
phezu kwakhe inqwaba enkulu kakhulu yamatshe; bonke abakwa-Israyeli,
kwaba yilowo nalowo, babalekela ematendeni abo.

18 U-Abisalomu esekhona wayethathe insika, wazimisela yona esiGodini
seNkosi, ngokuba wathi: Anginandodana yokukhumbuzela igama lami.
Wayiqamba insika ngegama lakhe; ithiwa isikhumbuzo sika-Abisalomu kuze
kube namuhla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19U-Ahimahasi indodana kaSadoki wayesethi: Ake ngigijime, ngiyibikele inkosi ukuthi uJehova uyiphindisele ezitheni zayo.

20UJowabe wathi kuye: Awuyikuba ngumbiki wendaba namuhla, kepha uyakubika ngolunye usuku; namuhla awuyikubika lutho, ngokuba indodana yenkosi ifile.

21Wayesethi uJowabe kumKushe: Hamba, uyitshele inkosi okubonileyo. UmKushe wamkhothamela uJowabe, wagijima.

22U-Ahimahasi indodana kaSadoki wabuye wathi kuJowabe: Noma kanjani, ake ngigijime nami, ngimlandele umKushe. Kepha uJowabe wathi: Uyakugijimelani wena mntanami, lokhu kungekho mvuzo wombiko kuwe, na?

23Wathi: Noma kanjani, ake ngigijime. Wathi kuye: Gijima. Wayesegijima u-Ahimahasi ngendlela yasethafeni, wamdlula umKushe.

24UDavide wayehlezi emkhathini wamasango omabili; umlindi wakhuphukela ophahleni lwesango ngasogangeni, waphakamisa amehlo akhe, wabheka, nanguya umuntu egijima eyedwa.

25Umlindi wamemeza, wayitshela inkosi. Yathi inkosi: Uma eyedwa, unombiko emlonyeni wakhe. Wayelokhu esondela njalo.

26Umlindi wayesebona omunye umuntu egijima; umlindi wabiza umlindisango, wathi: Bheka, omunye umuntu ugijima eyedwa. Inkosi yathi: Naye uletha umbiko.

27Umlindi wayesethi: Ngibona kungathi ukugijima kowokuqala kunjengokugijima kuka-Ahimahasi indodana kaSadoki. Yathi inkosi: Ngumuntu omuhle yena; uletha umbiko omuhle.

28Wayesememeza u-Ahimahasi, wathi enkosini: Bayede! Wakhothama phambi kwenkosi ebhekise phansi ubuso bakhe, wathi: Makabongwe uJehova uNkulunkulu wakho, onikele abantu abaphakamisela isandla sabo enkosini yami, inkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

29Inkosi yathi: Isahlezi kahle insizwa u-Abisalomu na? U-Ahimahasi wathi: Ngabona isixuku sabantu, lapho uJowabe inceku yenkosi ethuma inceku yakho, kepha angazanga ukuthi kuyini.

30Inkosi yathi: Gudluka, ume lapho. Wagudluka, wema.

31Bheka, wayesefika umKushe; umKushe wathi: Ngumbiko, nkosi yami, nkosi, ngokuba uJehova ukuphindisele namuhla kubo bonke abakuvukelayo.

32Inkosi yathi kumKushe: Isahlezi kahle insizwa u-Abisalomu na? UmKushe wathi: Izitha zenkosi yami, inkosi, nabo bonke abakuvukelayo ukukulimaza mababe njengaleyo nsizwa.

33 Yayisidabuka kakhulu inkosi, yakhuphukela ekamelweni elingaphezu kwesango, yakhala; isahamba yathi: Hhawu, ndodana yami Abisalomu, ndodana yami, ndodana yami Abisalomu! Sengathi nga ngifile esikhundleni sakho, Abisalomu, ndodana yami, ndodana yami!

## 2 uSamuweli 19

### Ukusolwa kukaDavide nokuzisola kuka-Israyeli

1Kwabikelwa uJowabe ukuthi: Bheka, inkosi iyakhala, imlilela u-Abisalomu.

2Ukunqoba ngalolo suku kwaphenduka isililo kubantu bonke, ngokuba abantu bezwa kwathiwa ngalolo suku: Inkosi idabukile ngendodana yayo.

3Abantu bangena emzini ngalolo suku ngokunyenya njengabantu abanamahloni benyenya, bebalekela impi.

4 Inkosi yamboza ubuso bayo, inkosi yakhala ngezwi elikhulu, yathi: Hhawu, ndodana yami Abisalomu, Abisalomu, ndodana yami, ndodana yami!

5UJowabe wangena endlini enkosini, wathi: Udumazile namuhla ubuso bazo zonke izinceku zakho ezisindisile ukuphila kwakho namuhla, nokuphila kwamadodana akho namadodakazi akho, nokuphila kwabafazi bakho, nokuphila kwezancinza zakho

6ngokubathanda abakuzondayo nangokubazonda abakuthandayo. Ngokuba umemezele namuhla ukuthi izikhulu nezinceku azilutho kuwe, lokhu ngibona

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

namuhla ukuthi uma ebephilile u-Abisalomu thina sonke besifile namuhla, ngabe kulungile emehlweni akho.

7Ngalokho suka, ukhulume kahle ezincekwini zakho, ngokuba ngifunga uJehova ngithi, uma ungaphumi, akuyikusala muntu kuwe ngalobu busuku; lokhu kuyakuba kubi kuwe kunakho konke okubi okukwehlele kwasebusheni bakho kuze kube namuhla.

8 Yayisisuka inkosi, yahlala esangweni. Kwathiwa kubo bonke abantu: Bhekani, inkosi ihlezi esangweni. Base befika abantu bonke phambi kwenkosi. Kepha abakwa-Israyeli babebalekele, kwaba yilowo nalowo etendeni lakhe.

9Bonke abantu babephikisana ezizweni zonke zakwa-Israyeli, bethi: Inkosi yasophula esandleni sezitha zethu, yasikhulula esandleni samaFilisti; manje isibalekile ezweni, imbalekele u-Abisalomu.

10U-Abisalomu esamgcoba ukuba abe phezu kwethu usefile empini. Manje nithuleleni, ningayibuyisi inkosi na?

### Ukubuyiswa kukaDavide

11Inkosi uDavide yathumela kuSadoki naku-Abiyathara abapristi, yathi: Khulumani kumalunga akwaJuda, nithi: Kungani ukuba nibe ngabokugcina ukubuyisela inkosi endlini yayo, lokhu kufinyelele enkosini nasendlini yayo konke ukukhuluma kuka-Israyeli, na?

12Ningabafowethu, niyithambo lami nenyama yami; ngalokho kungani ukuba nibe ngabokugcina ukuyibuyisa inkosi na?

13 Yishoni ku-Amasa ukuthi: Angithi uyithambo lami nenyama yami na? Makenze njalo kimi uNkulunkulu, enezele futhi, uma ungayikuba yinduna yempi ngaphambi kwami njalo esikhundleni sikaJowabe.

14Wathobisa izinhliziyo zabantu bonke bakwaJuda njengomuntu munye, baze bathuma enkosini, bathi: Buya wena nazo zonke izinceku zakho.

15Yayisibuya inkosi, yafika eJordani; uJuda wafika eGiligali ukuba ayihlangabeze inkosi, ayiwelise inkosi iJordani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

16UShimeyi indodana kaGera umBenjamini waseBahurimi washesha wehla nabantu bakwaJuda ukuyihlangabeza inkosi.

17 Kweza naye abantu abayinkulungwane bakwaBenjamini, noSiba inceku yendlu kaSawule, namadodana akhe ayishumi nanhlanu, nezinceku zakhe ezingamashumi amabili zinaye; bawela iJordani phambi kwenkosi.

18Kwawela isikebhe sokuwelisa abendlu yenkosi nokwenza okwakukuhle emehlweni ayo. UShimeyi indodana kaGera wawela phansi phambi kwenkosi isiyakuliwela iJordani.

19 Wathi enkosini: Inkosi yami mayingangibaleli icala, futhi ungakhumbuli okubi okwenziwa yinceku yakho mhla inkosi yami, inkosi, iphuma eJerusalema, ukuba inkosi ikubeke enhliziyweni yayo.

20Ngokuba inceku yakho iyazi ukuthi yonile; bheka, ngifikile namuhla ngingowokuqala wendlu yonke kaJosefa, ngehle ukuhlangabeza inkosi yami, inkosi.

21 Kepha u-Abishayi indodana kaSeruya waphendula wathi: UShimeyi akayikubulawa yini ngalokho, njengokuba wathuka ogcotshiweyo kaJehova, na?

22 UDavide wathi: Nginamsebenzi muni nani madodana kaSeruya ukuba nimelane nami namuhla na? Kuzakubulawa umuntu namuhla kwa-Israyeli na? Angazi yini mina ukuthi namuhla ngiyinkosi phezu kuka-Israyeli na?

23 Inkosi yayisithi kuShimeyi: Awuyikufa. Inkosi yafunga kuye.

### Ukuziphendulela kukaMefibosheti

24Naye uMefibosheti indodana kaSawule wehla ukuhlangabeza inkosi; wayengalungisanga izinyawo zakhe, engalungisanga nesilevu sakhe, engahlanzanga futhi izingubo zakhe, kwasukela osukwini inkosi eyamuka ngalo kwaze kwaba lusuku owabuya ngalo ngokuthula.

25Kwathi esefike eJerusalema ukuyihlangabeza inkosi, inkosi yathi kuye: Awuhambanga ngani nami, Mefibosheti, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26Wathi: Nkosi yami, nkosi, inceku yami yangikhohlisa, ngokuba inceku yakho yathi: Ngiyakuzibophelela imbongolo ukuba ngiyikhwele, ngihambe nenkosi, ngokuba inceku yakho ilunyonga.

27 Ihlebile inceku yakho enkosini yami, inkosi, kepha inkosi yami, inkosi, injengengelosi kaNkulunkulu; ngalokho yenza okuhle emehlweni akho.

28 Ngokuba yonke indlu kababa yayinjengabantu abafileyo phambi kwenkosi yami, inkosi; kepha wayibeka inceku yakho phakathi kwabadla etafuleni lakho. Ngisenalungelo lini ukuba ngibuye ngikhale enkosini na?

29 Inkosi yathi kuye: Usakhulumelani ngezindaba zakho na? Ngithi: Wena noSiba, yahlukaniselani izwe.

30Wayesethi uMefibosheti enkosini: Makathathe konke, njengokuba inkosi yami, inkosi, isibuyele endlini yayo ngokuthula.

**UBarizilayi**

31 UBarizilayi wakwaGileyadi wehla eRogelimi; wawela iJordani kanye nenkosi ukuyiwelisa iJordani.

32 UBarizilayi wayengumuntu omdala kakhulu, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili; wayekade eyipha inkosi ukudla isahlezi eMahanayimi, ngokuba wayengumuntu omkhulu kakhulu.

33Inkosi yathi kuBarizilayi: Wela nami wena, ngikondle kanye nami eJerusalema.

34Wayesethi uBarizilayi enkosini: Zingaki izinsuku zeminyaka yokuhamba kwami ukuba ngenyukele eJerusalema nenkosi na?

35Namuhla ngineminyaka engamashumi ayisihiyagalombili; ngingahlukanisa okuhle nokubi yini? Inceku yakho ingezwa ekudlayo nekuphuzayo na? Ngingabe ngisalizwa izwi lamadoda ahlabelelayo nabesifazane abahlabelelayo na? Inceku yakho isezakuba ngumthwalo wenkosi yami, inkosi, ngani na?

36Inceku yakho iyakusimze iwele nje iJordani nenkosi; pho, inkosi iyakungivuzelani ngomvuzo ongaka na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37Mayibuyele emuva inceku yakho ukuba ngifele emzini wami ngasethuneni likababa nelikamame. Kepha bheka, inceku yakho uKimihamu mayiwele nenkosi yami, inkosi, wenze kuyo okuhle emehlweni akho.

38Inkosi yathi: UKimihamu angawela nami, mina ngenze kuye okuhle emehlweni akho; konke okufunayo kimi ngiyakukwenzela khona.

39Bonke abantu bawela iJordani, nenkosi yawela; inkosi yamanga uBarizilayi, yambusisa; wabuyela endaweni yakhe.

### Ukuphikisana kuka-Israyeli noJuda

40Yayisiwela inkosi, yaya eGiligali, noKimihamu wawela nayo; bonke abantu bakwaJuda bayiwelisa inkosi kanye nenxenye yabantu bakwa-Israyeli.

41Bheka, base befika bonke abantu bakwa-Israyeli enkosini, bathi enkosini: Abafowethu amadoda akwaJuda bakwebeleni, bawelisa inkosi nabendlu yayo iJordani kanye nabo bonke abantu bakwaDavide benaye, na?

42Bonke abantu bakwaJuda baphendula abantu bakwa-Israyeli, bathi: Ngokuba inkosi iyisihlobo sethu impela; kungani ukuba nithukuthele ngale nto na? Sike sadla ntoni engeyenkosi na? Isixoshisile ngamaxosho na?

43 Abantu bakwa-Israyeli baphendula abantu bakwaJuda, bathi: Sinezinxenye eziyishumi kunani enkosini, yebo, nakuDavide; nisideleleni na? Izwi lethu lokubuyisa inkosi lalingesilo elokuqala na? Kepha amazwi abantu bakwaJuda ayelukhuni kunamazwi abantu bakwa-Israyeli.

## 2 uSamuweli 20

### USheba. Izinduna zikaDavide

1 Kwakukhona umuntu omubi ogama lakhe lalinguSheba indodana kaBikri umBenjamini; wabetha icilongo, wathi: Asinasabelo kuDavide, asinafa endodaneni kaJese; yiyani nonke ematendeni enu, Israyeli.

2Bonke abantu bakwa-Israyeli base benyuka bengasamlandeli uDavide, bamlandela uSheba indodana kaBikri; kepha abantu bakwaJuda babambelela enkosini yabo kusukela eJordani kuze kube seJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 UDavide wafika endlini yakhe eJerusalema; inkosi yathatha abesifazane abayishumi, izancinza zayo, eyayibashiyile ukuba bayilinde indlu, yababeka endlini yokulindela, yabapha ukudla, kepha ayingenanga kubo. Base bevalelwe kwaze kwaba sosukwini lokufa kwabo, behlezi njengabafelokazi.

4 Yayisithi inkosi ku-Amasa: Ngibuthele abantu bakwaJuda ngezinsuku ezintathu, ube khona nawe.

5 Wayesehamba u-Amasa ukubutha uJuda, kepha walibala phezu kwesikhathi asinqunyelweyo.

6 Wayesethi uDavide ku-Abishayi: Manje uSheba indodana kaBikri uyakwenza okubi kakhulu kithi kuno-Abisalomu; thatha wena izinceku zenkosi yakho, umxoshe, funa azitholele imizi ebiyelweyo, asiphunyuke.

7 Emva kwakhe kwaphuma amadoda kaJowabe, namaKhereti namaPheleti, namaqhawe onke; baphuma eJerusalema ukuba bamxoshe uSheba indodana kaBikri.

8 Besesetsheni elikhulu eliseGibeyoni, u-Amasa wafika ukubahlangabeza. UJowabe wayebhince isambatho sakhe sokulwa ayelokhu esigqoka; kusona lalikhona ibhande elinenkemba emgodleni wayo elaligaxwe okhalweni lwakhe; yawa esehamba.

9 UJowabe wayesethi ku-Amasa: Usaphila, mfowethu, na? UJowabe wambamba u-Amasa ngesilevu ngesandla sakhe sokunene ukuba amange.

10 Kodwa u-Amasa akayinakanga inkemba eyayisesandleni sikaJowabe; wamgwaza ngayo esiswini, wachithela izibilini zakhe emhlabathini; wafa engamphindanga. OJowabe no-Abishayi umfowabo bamxosha uSheba indodana kaBikri.

11 Kwema ngakuye enye yezinsizwa zikaJowabe, yathi: Omthanda uJowabe nongokaDavide mabamlandele uJowabe.

12 U-Amasa wahuquzela egazini lakhe phakathi nomendo. Lapho lo muntu ebona ukuthi bonke abantu bema, wamgudluza u-Amasa emendweni,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

wamyisa ensimini, waphonsa ingubo phezu kwakhe, lapho ebona ukuthi bonke abadlula ngakuye bema.

13Esesusiwe emendweni, abantu bonke badlula bamlandela uJowabe ukuba bamxoshe uSheba indodana kaBikri.

14Wadabula izizwe zonke zakwa-Israyeli, waze wafika e-Abela, naseBeti Mahakha, nakuwo onke amaBeri; babuthana bamxosha nakhona.

15Bafika bamvimbezela e-Abela laseBeti Mahakha, banqwabela iduli ngasemzini elema ngasodongeni; abantu bonke ababe noJowabe babhidliza ugange ukuba luwe.

16Kwase kumemeza owesifazane ohlakaniphileyo esemzini, wathi: Zwanini! Zwanini! Ake nithi kuJowabe: Sondela lapho ukuba ngikhulume nawe.

17Wasondela kuye; owesifazane wayesethi: Wena unguJowabe na? Wathi: Nginguye. Wayesethi kuye: Yizwa amazwi encekukazi yakho. Wathi: Ngiyezwa.

18Wathi-ke: Endulo babevama ukukhuluma ngokuthi: Kuyakubuzwa nokubuzwa e-Abela. Base beqeda.

19Mina ngingowokuthula nothembekileyo kwa-Israyeli; wena ufuna ukuchitha umuzi nonina kwa-Israyeli; uyakuligwinyelani ifa likaJehova na?

20UJowabe waphendula wathi: Makube kude, makube kude nami ukuba ngigwinye noma ngichithe.

21Akunjalo, kepha umuntu wasezintabeni zakwa-Efrayimi, nguSheba indodana kaBikri igama lakhe, uphakamisele isandla sakhe ngasenkosini, kuDavide; nginikeni yena kuphela, khona ngiyakusuka emzini. Wayesethi owesifazane kuJowabe: Bheka, ikhanda lakhe liyakuphonswa kuwe ngaphandle kogange.

22Owesifazane wayeseya ngokuhlakanipha kwakhe kubantu bonke. Bamnquma uSheba indodana kaBikri ikhanda, baliphonsa kuJowabe. Yena

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

wabetha icilongo, bahlakazeka kulowo muzi, baya, kwaba yilowo nalowo etendeni lakhe. UJowabe wabuyela eJerusalema enkosini.

23 UJowabe wayesephezu kwempi yonke yakwa-Israyeli; uBenaya indodana kaJehoyada wayephezu kwamaKhereti namaPheleti;

24 u-Adoramu wayephethe imali; uJehoshafati indodana ka-Ahiludi wayengumabhalana.

25 USheva wayengumbhali; oSadoki no-Abiyathara babe ngabapristi;

26 u-Ira umJayiri wayengumpristi kaDavide.

## 2 uSamuweli 21

### Indlala yeminyaka emithathu

1 Kwaba khona indlala ezinsukwini zikaDavide iminyaka emithathu ngokulandelana; uDavide wafuna ubuso bukaJehova. UJehova wathi: Kungenxa kaSawule nangenxa yendlu yakhe yegazi, ngokuba wabulala abaseGibeyoni.

2 Inkosi yayisibiza abaseGibeyoni, yakhuluma kubo, abaseGibeyoni babengesibo abantwana bakwa-Israyeli, beyinsali yama-Amori; abantwana bakwa-Israyeli babefungile kubo; uSawule wafuna ukubabulala ngokushisekela kwakhe abantwana bakwa-Israyeli nabakwaJuda;

3 wathi-ke uDavide kwabaseGibeyoni: Nginenzele ntoni na? Ngingenza ukubuyisana ngantoni ukuba nibusise ifa likaJehova na?

4 AbaseGibeyoni bathi kuye: Akundaba yesiliva negolide noSawule nendlu yakhe, futhi akundaba yokubulala umuntu kwa-Israyeli. Wathi: Enikushoyo ngiyakunenzela khona.

5 Bathi enkosini: Umuntu owasibulalayo waceba ngathi ukuba sichithwe singasali phakathi kwemikhawulo yakwa-Israyeli,

6 masinikwe abantu abayisikhombisa bamadodana akhe, sibaphanyeke kuJehova eGibeya likaSawule, okhethiweyo kaJehova. Inkosi yathi: Ngiyakuninika bona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Kepha inkosi yamyeka uMefibosheti indodana kaJonathani kaSawule ngenxa yesifungo sikaJehova esasiphakathi kwabo, phakathi kukaDavide noJonathani indodana kaSawule.

8 Kepha inkosi yathatha amadodana kaRispa indodakazi ka-Aya ayewazalele uSawule, o-Arimoni noMefibosheti; namadodana ayisihlanu kaMikhali indodakazi kaSawule ayewazalele u-Adriyeli indodana kaBarizilayi umMeholati;

9 wabanikela ezandleni zabaseGibeyoni, babaphanyeka entabeni phambi kukaJehova, bawa labo abayisikhombisa kanyekanye; babulawa ngesikhathi sokuvuna ezinsukwini zokuqala ngasekuqaleni kokuvunwa kwebhali.

10 URispa indodakazi ka-Aya wathatha indwangu yamasaka, wazendlalela yona edwaleni, kusukela ekuqaleni kokuvuna kuze kuthelwe phezu kwabo amanzi asezulwini; akavumelanga izinyoni zezulu ukuba zihlale phezu kwabo emini, nezilwane zasendle ebusuku.

11 Kwabikelwa uDavide ukuthi uRispa indodakazi ka-Aya, isancinza sikaSawule, wenzeni.

12 UDavide waya wathatha amathambo kaSawule namathambo kaJonathani indodana yakhe kubantu baseJabeshi Gileyadi ababewebile esigcawini saseBeti Shani, lapho, amaFilisti ayebaphanyeke khona, mhla amaFilisti embulala uSawule eGilibowa.

13 Wenyusa lapho amathambo kaSawule namathambo kaJonathani indodana yakhe; baqoqa amathambo ababephanyekiwe.

14 Bawembela amathambo kaSawule noJonathani indodana yakhe ezweni lakwaBenjamini eSela ethuneni likaKishi uyise; benza konke okuyalezwe yinkosi. Ngasemuva uNkulunkulu wancengwa ngenxa yezwe.

### Ukulwa kwamaFilisti

15 AmaFilisti abuye aphaka impi no-Israyeli; uDavide wehla, izinceku zakhe zinaye, balwa namaFilisti; uDavide waphela amandla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16U-Ishibi Benobi wabantwana bamaRefa osisindo somkhonto wakhe sasingamashekeli angamakhulu amathathu ethusi, ebhince inkemba entsha, wathi uyakumbulala uDavide.

17 Kepha u-Abishayi indodana kaSeruya wamsiza, wamshaya umFilisti wambulala. Base befunga kuye abantu bakaDavide, bathi: Awusayikuphuma impi nathi, funa ucime isibani sakwa-Israyeli.

18 Kwathi emva kwalokho kwabuye kwavuka impi namaFilisti eGobi; khona uSibekayi umHushati wabulala uSafi owayengowamadodana amaRefa.

19 Kwabuye kwaba khona impi namaFilisti eGobi; u-Elihanani indodana kaJahari Oregimi waseBetlehema wabulala uGoliyati umGiti oluthi lomkhonto wakhe lwalunjengogongolo lomaluki.

20Kwabuye kwaba khona impi eGati, lapho kwakukhona umuntu omude owayeneminwe eyisithupha esandleni nezinzwani eziyisthupha onyaweni, kungamashumi amabili nane kukonke; naye wazalwa yiRefa.

21Wameyisa u-Israyeli; ngalokho uJonathani indodana kaShimeyi umfowabo kaDavide wambulala.

22Labo bobane bazalwa ngamaRefa eGati; bawa ngesandla sikaDavide nangesandla sezinceku zakhe.

## 2 uSamuweli 22

### Ihubo lokubonga kukaDavide

1 UDavide wakhuluma kuJehova amazwi aleli hubo mhla uJehova emophula esandleni sezitha zakhe zonke nasesandleni sikaSawule,

2wathi: UJehova uyidwala lami, nenqaba yami, nomkhululi wami;

3 uNkulunkulu uyidwala lami engiphephela kulo, nesihlangu sami, nophondo lokusindiswa kwami, inqaba yami ephakemeyo nesiphephelo sami; msindisi wami, uyangisindisa ebudloveni.

4 Ngiyamemeza kuJehova odumisekayo, ngisindiswe ezitheni zami.

5 Ngokuba amaza okufa angihaqa; izikhukhula zokona zangethusa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Izintambo zasendaweni yabafileyo zangizungeza, izihibe zokufa zangehlela.

7 Ekuhluphekeni kwami ngambiza uJehova, ngakhala kuNkulunkulu wami; walizwa izwi lami esethempelini lakhe; ukukhala kwami kwangena ezindlebeni zakhe.

8 Umhlaba wawusuzamazama, wadikizela; izisekelo zezulu zathuthumela, zaqhaqhazela ngokuba ethukuthele.

9 Kwenyuka umusi emakhaleni akhe, nomlilo odlayo emlonyeni wakhe; amalahle avutha kuye.

10 Wathobisa izulu, wehla; ubumnyama babuphansi kwezinyawo zakhe.

11 Wakhwela phezu kwekherubi, wandiza; wabonwa emaphikweni omoya.

12 Wenza ubumnyama bube ngamadokodo amphahlayo, amanzi aqoqane, amafu abe nzima.

13 Ekukhazimuleni okuphambi kwakhe kwavuthiswa amalahle omlilo.

14 UJehova waduma ezulwini; oPhezukonke walizwakalisa izwi lakhe.

15 Wathuma imicibisholo, wabangquzula, yebo, nonyazi, wabadidizelisa.

16 Kwase kubonakala imisinga yamanzi; izisekelo zomhlaba zambulwa ngesijeziso sikaJehova, ngokufutha komoya wamakhala akhe.

17 Waselula isandla sakhe ephezulu, wangibamba; wangikhipha emanzini amaningi.

18 Wangophula esitheni sami esinamandla nakubo abangizondayo, ngokuba base bengahlulile.

19 Bangihlasela ngosuku lwesigemegeme sami, kepha uJehova waba yinsika yami.

20 Wangiphumisela endaweni ebanzi: wangikhulula, ngokuba ebethokoza ngami.

21 UJehova wangivuza ngokokulunga kwami; wangibuyisela njengokuhlanzeka kwezandla zami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

22Ngokuba ngizigcinile izindlela zikaJehova; angimukanga kuNkulunkulu wami ngokushinga.

23Ngokuba yonke imithetho yakhe yayiphambi kwami, nezimiso zakhe angizivumanga ukuba zisuke kimi.

24 Ngangiphelele kuye; ngabuxwaya ububi.

25 UJehova wayesebuyisela kimi njengokulunga kwami, njengokuhlanzeka kwami phambi kwamehlo akhe.

26 Kothembekileyo uyazibonakalisa ethembekile; kumuntu oqotho uyazibonakalisa eqotho;

27 kohlanzekileyo uyazibonakalisa ehlanzekile; koyisigwegwe uyazibonakalisa enenkani.

28 Uyasindisa abantu abathobekileyo, kepha amehlo akho aphezu kwabaqhoshileyo ukuba ubathobise.

29 Ngokuba wena uyisibani sami, Jehova; uJehova uyakhanyisa ubumnyama bami.

30 Ngokuba ngawe ngingahlasela impi; ngoNkulunkulu wami ngingeqa ugange.

31 Indlela kaNkulunkulu iphelele; izwi likaJehova lihlanzekile; yena uyisihlangu kubo bonke abaphephela kuye.

32 Ngokuba ngubani onguNkulunkulu ngaphandle kukaJehova, ngubani oyidwala ngaphandle kukaNkulunkulu wethu na?

33UNkulunkulu uyangibhincisa amandla; uyenza indlela yami ilunge,

34 yena owenza izinyawo zami zibe njengezendluzelekazi, angimise emagqumeni ami;

35 ofundisa izandla zami ukulwa, ukuze izingalo zami zinsale umnsalo wethusi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

36 Wena unginikile isihlangu sensindiso yakho; ubumnene bakho bungikhulisile.

37 Amabanga okunyathela kwami uwandisile; amaqakala ami awaxegi.

38 Ngazixosha izitha zami, ngazifica; angibuyanga ngingakaziqedi.

39 Ngaziqeda, ngaziphahlaza, zaze zahluleka ukuvuka; zawa phansi kwezinyawo zami.

40 Wangibhincisa amandla okulwa; ababengivukele wabathobisa phansi kwami.

41 Wangifulathelisela izitha zami, nabangizondayo ngabaqothula.

42 Bakhala, kepha akubangakho osindisayo, nakuJehova, kodwa akaze aphendula.

43 Ngabacolisisa njengothuli lomhlabathi; ngabagxoba, ngabalahla njengensila ezitaladini.

44 Wangikhulula ezimpini zabantu bami; wangilonda ngaba yinhloko yabezizwe; abantu engingabaziyo bangikhonza.

45 Abafo bazithoba phansi kwami; banele ukungizwa nje ngendlebe, base bengilalela.

46 Abafo babuna, baphuma ezinqabeni zabo bethuthumela.

47 UJehova usekhona malidunyiswe idwala lami; makaphakanyiswe uNkulunkulu wensindiso yami,

48 uNkulunkulu onginikile impindiselo, wathobisa izizwe phansi kwami;

49 ongikhiphile ezitheni zami, wangiphakamisa phezu kwabangivukelayo, wangikhulula kumuntu oyisidlwangudlwangu.

50 Ngalokho-ke ngizakukubonga phakathi kwabezizwe, Jehova, ngilihubele igama lakho.

51 Uyenza insindiso ibe nkulu enkosini yakhe; uyenza umusa kogcotshiweyo wakhe uDavide nasenzalweni yakhe kuze kube phakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## 2 uSamuweli 23

### Amazwi okugcina kaDavide

1 Lawa angamazwi okugcina kaDavide. UDavide indodana kaJese uthi, umuntu owaphakanyiselwa phezulu uthi, ogcotshiweyo kaNkulunkulu kaJakobe nomhlabeleli omnandi wakwa-Israyeli usho ukuthi:

2 UMoya kaJehova wakhuluma ngami; izwi lakhe lalisolimini lwami.

3 UNkulunkulu ka-Israyeli wathi, iDwala lika-Israyeli lakhuluma kimi ukuthi: Obusa abantu ngokulunga, abuse ngokumesaba uNkulunkulu,

4 unjengokukhanya kwasekuseni ekuphumeni kwelanga, isasa elingenamafu, lapho kuvela ekukhanyeni uhlaza emhlabathini emva kwemvula.

5 Ayinjalo indlu yami kuNkulunkulu na? Ngokuba wenzile nami isivumelwano esiphakade; sihleliwe ezintweni zonke, sigcinekile, ngokuba yonke insindiso yami nokwenama kwami akayikukuhlumisa na?

6 Kepha onke amashinga ayakuba njengameva alahlwayo, ngokuba angephathwe ngesandla.

7 Kodwa umuntu owathintayo wohlonyiswa ngensimbi nangothi lomkhonto, aze ashiswe nokushiswa ngomlilo kuleyo ndawo.

### Amaqhawe kaDavide

8 Lawa angamagama amaqhawe kaDavide: UJoshebi Bashebeti waseTahekemoni, inhloko yabathathu; nguyena owaphakamisa umkhonto wakhe, walwa nabantu abangamakhulu ayisishiyagalombili abagwazwa ngasikhathi sinye.

9 Emva kwakhe kwakungu-Eleyazare indodana kaDodayi indodana yomAhohi, omunye wamaqhawe amathathu ayenoDavide mhla edelela amaFilisti ayebuthene lapho ukulwa, abantu bakwa-Israyeli sebehambile;

10 wasuka wabulala amaFilisti saze sakhathala isandla sakhe, isandla sakhe sanamathela enkembeni; uJehova wenza insindiso enkulu ngalolo suku; abantu babuya emva kwakhe ukuba baphange kuphela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

11Emva kwakhe kwakunguShama indodana ka-Age umHarari. AmaFilisti
ayebuthene eLehi, lapho kwakukhona isiqephu sezwe esigcwele imbumba;
abantu babaleka ebusweni bamaFilisti.

12Kepha wayemi phakathi nesiqephu, wasivikela, wawabulala amaFilisti;
uJehova wenza insindiso enkulu.

13 Kwehla abathathu kwaba yizinhloko ezingamashumi amathathu, bafika
kuDavide ngesikhathi sokuvuna emhumeni wase-Adulamu; impi yamaFilisti
yayimise esiGodini samaRefa.

14UDavide wayesesenqabeni; ikhanda lamaFilisti laliseBetlehema.

15UDavide wanxanela, wathi: Hawu, sengathi ngingaphuziswa amanzi
asemthonjeni waseBetlehema ongasesangweni.

16Lawo maqhawe amathathu afohla ikamu lamaFilisti, akha amanzi
emthonjeni waseBetlehama owawungasesangweni, awathatha, awaletha
kuDavide; kepha akavumanga ukuwaphuza, kodwa wawathululela uJehova.

17Wathi: Makube kude nami, Jehova, ukuba ngenze lokhu; kuyigazi lalabo
bantu ababesuka besengozini. Akavumanga ukuwaphuza. Lezo zinto zenziwa
yilawa maqhawe amathathu.

18U-Abishayi umfowabo kaJowabe indodana kaSeruya wayeyinhloko
yabathathu. Waphakamisela abangamakhulu amathathu umkhonto wakhe,
wababulala, waba negama phakathi kwalabo abathathu.

19Wayengengotusekayo phakathi kwamashumi amathathu na? Ngalokho
waba yisikhulu sabo, kepha akafinyelelanga nokho kwabathathu bokuqala.

20UBenaya indodana kaJehoyada, indodana yendoda enamandla, owayenze
imisebenzi emikhulu, owaseKabiseyeli, wabulala amaqhawe amabili
akwaMowabi; futhi wehla, wabulala ingonyama phakathi komgodi ngosuku
lweqhwa,

21wabulala nowaseGibithe, umuntu owabukeka emuhle; owaseGibithe
wayephethe umkhonto esandleni sakhe, kepha wehlela kuye ephethe induku

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

nje, wawuhlwitha umkhonto esandleni sowaseGibithe, wambulala ngomkhonto wakhe.

22Lezo zinto wazenza uBenaya indodana kaJehoyada, waba negama phakathi kwalawo maqhawe amathathu.

23Wayetuseka kunabangamashumi amathathu, kepha akafinyelelanga kwabathathu bokuqala. UDavide wambeka phezu kwabalindi bakhe.

24 Phakathi kwabangamashumi amathathu kwakukhona u-Asaheli umfowabo kaJowabe, no-Elihanani indodana kaDodo waseBetlehema,

25noShama waseHarodi, no-Elika waseHarodi,

26 noHelesi wasePaliti, no-Ira indodana ka-Ikheshi waseThekhowa,

27no-Abiyezeri wase-Anathoti, noMebunayi umHushati,

28 noSalimoni umAhohi, noMaharayi waseNethofa,

29noHelevi indodana kaBahana waseNethofa, no-Ithayi indodana kaRibayi waseGibeya labantwana bakwaBenjamini,

30noBenaya wasePirathoni, noHidayi wangasemifudlaneni yakwaGahashi,

31no-Abi Aliboni wase-Araba, no-Azimaveti waseBarhumi,

32no-Eliyaba waseShahaliboni, noBene Jasheni, noJonathani,

33noShama waseHarari, no-Ahiyamu indodana kaSharari wase-Arari,

34 no-Elifeleti indodana ka-Ahashibayi indodana yomMahakha, no-Eliyamu indodana ka-Ahithofeli waseGilo,

35noHeserayi waseKarmeli, noPhaharayi wase-Arabi,

36no-Igali indodana kaNathani waseSoba, noBani wakwaGadi,

37noSeleki wakwa-Amoni, noNaharayi waseBeroti, izindibi zezikhali zikaJowabe indodana kaSeruya,

38no-Ira waseJetheri, noGarebi waseJetheri,

39 no-Uriya umHeti, bengamashumi amathathu nesikhombisa bebonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## 2 uSamuweli 24

### Ukubalwa kwabantu

1 Intukuthelo kaJehova yabuye yavuthela u-Israyeli, wamvusa uDavide ngabo ngokuthi: Hamba ubale u-Israyeli noJuda.

2 Inkosi yathi kuJowabe induna yempi eyayinaye: Hamba ezizweni zonke zakwa-Israyeli kusukela kwaDani kuze kube seBeri Sheba, nibale abantu ukuba ngiwazi umumo wabantu.

3 Wayesethi uJowabe enkosini: UJehova uNkulunkulu wakho makenezele kubantu kuphindwe kayikhulu phezu kwalokhu abayikho, kubonwe ngamehlo enkosi yami, inkosi; kepha inkosi yami, inkosi, yenamelelani le nto na?

4 Nokho izwi lenkosi lamahlula uJowabe nezinduna zempi. UJowabe nezinduna zempi baphuma ebusweni benkosi ukuba babale abantu bakwa-Israyeli.

5 Bawela iJordani, bamisa e-Aroweri ngakwesokunene komuzi ophakathi nesigodi sakwaGadi ngaseJazeri;

6 base befika kwaGileyadi nasezweni laseTahetimi Hodishi; bafika naseDani Jahani nangaseSidoni,

7 bafika enqabeni yaseTire, nasemizini yonke yamaHivi namaKhanani; baphuma baya nangaseningizimu kwaJuda eBeri Sheba.

8 Sebedabule izwe lonke bafika eJerusalema ngasekupheleni kwezinyanga eziyisishiyagalolunye nezinsuku ezingamashumi amabili.

9 UJowabe wayesenika inkosi umumo wabantu ababaliweyo; kwaba khona kwa-Israyeli amadoda anamandla ayizinkulungwane ezingamakhulu ayisishiyagalombili ahloma inkemba; amadoda akwaJuda ayeyizinkulungwane ezingamakhulu ayisihlanu.

### Isifo

10 UDavide wahlabeka enhliziyweni emva kokuba esebabalile abantu.
UDavide wathi kuJehova: Ngonile kakhulu ngalokho engikwenzileyo; kepha

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

manje, Jehova, mawuthethelele ububi benceku yakho, ngokuba ngintumazele kakhulu.

11 Wathi ukuba uDavide avuke ekuseni, kwafika izwi likaJehova kumprofethi uGadi umboni kaDavide lokuthi:

12 Hamba ukhulume kuDavide ngokuthi: UJehova usho kanje, uthi: Ngiyakubekela izinto ezintathu; khetha enye kuzo ukuba ngikwenzele yona.

13 UGadi wayesefika kuDavide, wamtshela, wathi kuye: Kufike kuwe yini iminyaka eyisikhombisa yendlala ezweni lakini, noma ubalekele izitha zakho izinyanga ezintathu zisakuxosha, noma kube khona izinsuku ezintathu zesifo ezweni lakini na? Manje cabanga, ubone ukuthi yiliphi izwi engiyakulibuyisela kongithumileyo.

14 Wayesethi uDavide kuGadi: Nginosizi kakhulu; masiwele esandleni sikaJehova, ngokuba umusa wakhe mkhulu; kepha esandleni somuntu mangingaweli kuso.

15 UJehova wayesethuma isifo phezu kuka-Israyeli kusukela ekuseni kuze kube sesikhathini esinqunyiweyo; kwafa abantu abayizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa kusukela kwaDani kuze kube seBeri Sheba.

16 Lapho ingelosi yelula isandla sayo kulo iJerusalema ukulichitha, uJehova wazisola ngalobo bubi, wathi engelosini eyachitha abantu: Sekwanele; buyisa isandla sakho. Ingelosi kaJehova yayisesibuyeni sika-Arawuna umJebusi.

17 UDavide wathi kuJehova, lapho eyibona ingelosi eyayibabulala abantu: Bheka, mina ngonile, ngenzile okubi; kepha lezi zimvu zenzeni na? Isandla sakho masibe phezu kwami naphezu kwendlu kababa.

### I-altare elisesibuyeni sika-Arawuna

18 UGadi wafika ngalolo suku kuDavide, wathi kuye: Yenyuka, ummisele uJehova i-altare esibuyeni sika-Arawuna umJebusi.

19 UDavide wenyuka njengokusho kukaGadi nanjengokuyala kukaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20U-Arawuna walunguza, wabona inkosi nezinceku zayo beza kuye; u-
Arawuna waphuma, wakhothama phambi kwenkosi, ubuso bakhe bubheke
phansi.

21Wathi u-Arawuna: Kungani ukuba inkosi yami, inkosi, ifikile encekwini
yayo na? UDavide wathi: Ukuba ngithenge kuwe isibuya, ngimakhele
uJehova i-altare, ukuze lesi sifo sinqamuke kubantu.

22Wayesethi u-Arawuna kuDavide: Inkosi yami, inkosi, mayithathe, inikele
ngokuhle emehlweni ayo; bheka, nazi izinkabi zomnikelo wokushiswa,
nezibhulo, nezinto zokubophela izinkabi zibe yizinkuni;

23konke, nkosi, u-Arawuna uyakunika inkosi. U-Arawuna wayesethi enkosini:
UJehova uNkulunkulu wakho makakwamukele.

24Inkosi yathi ku-Arawuna: Qha, ngiyakukuthenga nokukuthenga ngenani
elithile; angiyikunikela ngeminikelo yokushiswa kuJehova uNkulunkulu
wami engeyesihle. UDavide wayesethenga isibuya nezinkabi ngamashekeli
angamashumi ayisihlanu esiliva.

25 UDavide wamakhela khona uJehova i-altare, wanikela ngeminikelo
yokushiswa nangeminikelo yokuthula. UJehova wancengwa ngenxa yezwe,
isifo sanqamuka kwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# 1 AmaKhosi

## 1 AmaKhosi 1

### Ukuguga kukaDavide

1Inkosi uDavide yayisindala, ineminyaka eminingi; bayembesa ngezingubo, kepha ayifudumalanga.

2Zase zithi kuyo izinceku zayo: Inkosi yami, inkosi, mayifunelwe intombi esentsha ukuba ime phambi kwenkosi, iyiphathe, ilale ngasesifubeni sayo ukuba inkosi yami, inkosi, ifudumale.

3Base befuna intombi enhle phakathi kwemikhawulo yonke yakwa-Israyeli, bathola u-Abishagi waseShunemi, bamletha enkosini.

4Intombi yayiyinhle kakhulu, yayiphatha inkosi, yayikhonza, kepha inkosi ayiyazanga.

5 U-Adoniya indodana kaHagiti waziphakamisa, wathi: Mina ngiyakuba yinkosi. Wazilungiselela izinqola, nabamahhashi, nabantu abangamashumi ayisihlanu ukugijima phambi kwakhe.

6 Uyise wayengamdabukisanga nakanye ngokuthi: Wenzeleni lokhu na? Futhi wayebukeka emuhle kakhulu, wayelama u-Abisalomu.

7 Wacebisana noJowabe indodana kaSeruya no-Abiyathara umpristi; bamsiza u-Adoniya, bamlandela.

8 Kepha uSadoki umpristi, noBenaya indodana kaJehoyada, noNathani umprofethi, noShimeyi, noReyi, namaqhawe kaDavide abamlandelanga u-Adoniya.

9 U-Adoniya wahlaba izimvu, nezinkabi, namathole akhuluphalisiweyo ngasetsheni laseZoheleti eliseceleni kwe-Eni Rogeli; wamema bonke abafowabo, amadodana enkosi, nabantu bonke bakwaJuda, izinceku zenkosi;

10kepha uNathani umprofethi, noBenaya, namaqhawe, noSolomoni umfowabo, kabamemanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11UNathani wathi kuBati Sheba unina kaSolomoni: Awuzwanga yini ukuthi u-Adoniya indodana kaHagiti uyabusa, uDavide inkosi yethu engakwazi, na?

12Ngalokho woza ngikululeke ukuba usindise ukuphila kwakho nokuphila kwendodana yakho uSolomoni.

13Hamba ungene enkosini uDavide, uthi kuyo: Wena nkosi yami, nkosi, awufunganga yini kuyo incekukazi yakho ngokuthi: USolomoni indodana yakho uyakuba yinkosi emva kwami, ahlale esihlalweni sami sobukhosi, na? Pho, kungani ukuba kubuse u-Adoniya na?

14Bheka, usakhuluma lapho nenkosi, nami ngiyakungena emva kwakho, ngiqinise amazwi akho.

15UBati Sheba wayesengena enkosini ekamelweni; inkosi yayisindala; u-Abishagi waseShunemi wayikhonza inkosi.

16UBati Sheba wakhothama, wakhuleka enkosini. Yathi inkosi: Ubabeleni na?

17Wathi kuyo: Nkosi yami, wafunga uJehova uNkulunkulu wakho kuyo incekukazi yakho ngokuthi: Ngempela uSolomoni indodana yakho uyakuba yinkosi emva kwami, ahlale esihlalweni sami sobukhosi.

18Bheka, manje kubusa u-Adoniya; wena nkosi yami, nkosi, awukwazi;

19usehlabile izinkabi, namathole akhuluphalisiweyo, nezimvu eziningi, umemile onke amadodana enkosi, no-Abiyathara umpristi, noJowabe induna yempi; kepha uSolomoni inceku yakho kammemanga.

20Wena nkosi yami, nkosi, amehlo abo bonke abakwa-Israyeli akuwe ukuba ubatshele ukuthi ngubani ozakuhlala esihlalweni sobukhosi senkosi yami, inkosi, emva kwayo,

21funa, lapho inkosi yami, inkosi, isilele koyise, mina nendodana yami uSolomoni kuthiwe sinecala.

22Bheka, esakhuluma nenkosi, wangena uNathani umprofethi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Bayitshela inkosi, bathi: Bheka, nangu uNathani umprofethi. Lapho esengene enkosini wakhothama phambi kwenkosi, ubuso bakhe bubheke phansi.

24UNathani wathi: Nkosi yami, nkosi, wena ushilo yini ukuthi: U-Adoniya uyakuba yinkosi emva kwami, ahlale esihlalweni sami sobukhosi, na?

25Ngokuba wehlile namuhla; uhlabile izinkabi, namathole akhuluphalisiweyo, nezimvu eziningi, umemile onke amadodana enkosi, nezinduna zempi, no-Abiyathara umpristi; bheka, bayadla, bephuza phambi kwakhe, bathi: Mana njalo, nkosi Adoniya.

26Kodwa mina, mina nceku yakho, noSadoki umpristi, noBenaya indodana kaJehoyada, nenceku yakho uSolomoni, kasimemanga.

27Le nto yenziwe yini yinkosi yami, inkosi, ungazazisanga izinceku zakho ukuthi ngubani oyakuhlala esihlalweni sobukhosi senkosi yami, inkosi, emva kwayo, na?

### Ukubekwa kukaSolomoni abe yinkosi

28Yayisiphendula inkosi uDavide, yathi: Ngibizele uBati Sheba. Wafika ebusweni benkosi, wema phambi kwenkosi.

29 Inkosi yayisifunga ngokuthi: Kuphila kukaJehova ohlengile umphefumulo wami ekuhluphekeni kwami konke,

30njengalokho ngafunga kuwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, ngathi: USolomoni indodana yakho uyakuba yinkosi emva kwami, ahlale esihlalweni sami sobukhosi esikhundleni sami, ngiyakwenze njalo impela namuhla.

31Wayesekhothama uBati Sheba, ubuso bakhe bubheke phansi, wakhuluma enkosini, wathi: Mana njalo, nkosi yami, nkosi Davide.

32Inkosi uDavide yayisithi: Ngibizele uSadoki umpristi, noNathani umprofethi, noBenaya indodana kaJehoyada. Bafika phambi kwenkosi.

33 Inkosi yathi kubo: Thathani izinceku zenkosi yenu, nimkhwelise uSolomoni indodana yami kuwo umnyuzi wami, nimehlisele eGihoni,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34 uSadoki umpristi noNathani umprofethi bamgcobe khona abe yinkosi phezu kuka-Israyeli; bese nibetha amacilongo, nithi: Mana njalo, nkosi Solomoni.

35 Bese nenyuka emva kwakhe, afike ahlale esihlalweni sami sobukhosi, ngokuba uyakuba yinkosi esikhundleni sami; ngimbekile ukuba abe ngumbusi phezu kuka-Israyeli noJuda.

36 UBenaya indodana kaJehoyada wayiphendula inkosi, wathi: Amen; uJehova uNkulunkulu wenkosi yami, inkosi, makasho njalo naye.

37 Njengalokho uJehova waba nenkosi yami, inkosi, makabe naye uSolomoni, asenze isihlalo sakhe sobukhosi sibe sikhulu kunesihlalo sobukhosi senkosi yami, inkosi uDavide.

38 Base behla uSadoki umpristi, noNathani umprofethi, noBenaya indodana kaJehoyada, namaKhereti namaPheleti, bamkhwelisa uSolomoni kuwo umnyuzi wenkosi uDavide, bamyisa eGihoni.

39 USadoki umpristi wathatha uphondo lwamafutha etendeni, wamgcoba uSolomoni. Babetha amacilongo, bonke abantu bathi: Mana njalo, nkosi Solomoni.

40 Bonke abantu benyuka emva kwakhe, abantu babetha imitshingo. Bathokoza ngokuthokoza okukhulu, kwaze kwangathi kuqhekezeka umhlaba ngomsindo wabo.

41 U-Adoniya nabo bonke abamenyiweyo ababe naye bawuzwa sebeqedile ukudla. UJowabe esezwa ukukhala kwecilongo wathi: Ngowani lo msindo wokuxokozela emzini na?

42 Esakhuluma, bheka, kwafika uJonathani indodana ka-Abiyathara umpristi; u-Adoniya wathi: Ngena, ngokuba wena uyindoda enamandla; uze nodaba oluhle.

43 UJonathani waphendula, wathi ku-Adoniya: Qha, inkosi yethu, inkosi uDavide, imbekile uSolomoni inkosi;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

44inkosi ithumile naye uSadoki umpristi, noNathani umprofethi, noBenaya indodana kaJehoyada, namaKhereti namaPheleti, bamkhwelisa kuwo umnyuzi wenkosi;

45uSadoki umpristi noNathani umprofethi bamgcobile eGihoni abe yinkosi; sebenyukile khona bejabula, ngangokuba kwakhamuluka umuzi. Yiwo umsindo eniwuzwile.

46Futhi uSolomoni usehlezi esihlalweni sobukhosi sombuso.

47Nezinceku zenkosi zafika ukuyibusisa inkosi yethu, inkosi uDavide, ngokuthi: UNkulunkulu wakho makenze igama likaSolomoni libe lihle kunegama lakho, asenze isihlalo sakhe sobukhosi sibe sikhulu kunesihlalo sakho sobukhosi; inkosi yakhothama embhedeni wayo.

48Futhi yasho kanje inkosi, yathi: Makabusiswe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli omisile namuhla oyakuhlala esihlalweni sami sobukhosi, ekubona amehlo ami.

49Abamenyiweyo bonke baka-Adoniya besaba, basuka, bahamba bonke, kwaba yilowo nalowo ngendlela yakhe.

50 U-Adoniya wesaba ngenxa kaSolomoni; wasuka wahamba, wabamba izimpondo ze-altare.

51Kwabikwa kuSolomoni ukuthi: Bheka, u-Adoniya uyayesaba inkosi uSolomoni; ngalokho ubambile izimpondo ze-altare, ethi: Inkosi uSolomoni mayifunge kimi namuhla ukuthi ayiyikubulala inceku yayo ngenkemba.

52 Wathi uSolomoni: Uma eyakuba yindoda enamandla, akuyikuwela emhlabathini nolulodwa unwele lwakhe, kepha uma okubi kufumaniseka kuye, uyakufa.

53Yayisithumela inkosi uSolomoni, bamehlisa e-altare. Wafika, wakhuleka enkosini uSolomoni; uSolomoni wathi kuye: Hamba, uye endlini yakho.

## 1 AmaKhosi 2

### Amazwi okugcina kaDavide. Ukufa nokumbelwa kwakhe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

1Izinsuku zikaDavide zasondela ekufeni; wayesemyala uSolomoni indodana yakhe, ethi:

2 Mina sengihamba indlela yawo wonke umhlaba; ngalokho qina, ube yindoda,

3 ugcine isiyalezo sikaJehova uNkulunkulu wakho ukuba uhambe ezindleleni zakhe, ugcine izimiso zakhe, nemiyalo yakhe, nezahlulelo zakhe, nobufakazi bakhe njengokulotshiweyo emthethweni kaMose, ukuze uphumelele kukho konke okwenzayo nakukho konke okubhekayo,

4 ukuze uJehova aqinise izwi lakhe alikhuluma ngami ngokuthi: Uma abantwana bakho begcina indlela yabo ukuba bahambe phambi kwami eqinisweni ngayo yonke inhliziyo yabo nangawo wonke umphefumulo wabo, awuyikuntula muntu -- washo njalo -- esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli.

5 Futhi wena uyazi okwenziwayo kimi nguJowabe indodana kaSeruya, nalokho akwenzayo kuzo izinduna ezimbili zezimpi zakwa-Israyeli, o-Abineri indodana kaNeri no-Amasa indodana kaJetheri, owababulala, wachitha igazi lokulwa ngesikhathi sokuthula, wabeka igazi lokulwa kulo ibhande lakhe elalisokhalweni lwakhe nasezicathulweni zakhe ezazisezinyaweni zakhe.

6Yenza njengokuhlakanipha kwakho, ungayehlisi impunga ngokuthula endaweni yabafileyo.

7 Kepha yiba nomusa kumadodana kaBarizilayi wakwaGileyadi, abe khona phakathi kwabadla ngasetafuleni lakho, ngokuba enza kanjalo kimi mhla ngabalekela u-Abisalomu umfowenu.

8 Bheka, ukhona nawe uShimeyi indodana kaGera wakwaBenjamini waseBahurimi, owangithuka ngokuthuka okwesabekayo mhla ngiya eMahanayimi; kepha wehla ukungihlangabeza ngaseJordani, ngafunga kuye uJehova ngokuthi: Angiyikukubulala ngenkemba.

9Ngalokho ungamyeki abe ngongenacala, ngokuba wena ungumuntu ohlakaniphileyo, uyakwazi okufanele ukuba ukwenze kuye, wehlise impunga endaweni yabafileyo inegazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 UDavide wayeselala koyise, wembelwa emzini kaDavide.

11Izinsuku uDavide abusa ngazo phezu kuka-Israyeli zaziyiminyaka engamashumi amane; iminyaka eyisikhombisa wabusa eHebroni, iminyaka engamashumi amathathu nantathu wabusa eJerusalema.

### Izijeziso zika-Adoniya, no-Abiyathara, noJowabe, noShimeyi

12USolomoni wayesehlala esihlalweni sobukhosi sikaDavide uyise; umbuso wakhe waqiniswa kakhulu.

13Wayesefika u-Adoniya indodana kaHagiti kuBati Sheba unina kaSolomoni. Wathi: Uze nokuthula na? Wathi yena: Yebo, ngize nokuthula.

14Wayesethi: Nginendaba kuwe. Wathi: Khuluma.

15 Wathi-ke: Uyazi wena ukuthi umbuso wawungowami nokuthi wonke u-Israyeli wabhekisa kimi ubuso bakhe ukuba ngibuse; kepha umbuso usuguquliwe, sewaba ngowomfowethu, ngokuba wawuthola kuJehova.

16Sengicela into inye kuwe, ungangifulatheli. Wathi kuye: Khuluma.

17 Wayesethi: Ake ukhulume kuSolomoni inkosi, ngokuba akayikukufulathela wena, ukuba anginike u-Abishagi waseShunemi abe ngumkami.

18UBati-Sheba wathi: Kulungile; ngizakukukhulumela enkosini.

19Wayesehamba uBati Sheba, waya enkosini uSolomoni ukuba amkhulumele u-Adoniya kuyo. Inkosi yasukuma ukumhlangabeza, yamkhothamela, yahlala esihlalweni sayo sobukhosi, yambekela unina wenkosi isihlalo, wahlala ngakwesokunene sayo.

20Wayesethi kuyo: Nginesicelo sinye nje esincane kuwe; ungangifulatheli. Inkosi yathi kuye: Cela-ke, mame ngokuba angiyikukufulathela.

21Wathi-ke: U-Abishagi waseShunemi makanikwe ku-Adoniya umfowenu, abe ngumkakhe.

22 Inkosi uSolomoni yaphendula, yathi kunina: Umcelelelani u-Adoniya u-Abishagi waseShunemi na? Mcelele nombuso futhi, ngokuba ungumnewethu; yebo, mcelele yena no-Abiyathara umpristi, noJowabe indodana kaSeruya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

23Inkosi uSolomoni yayisifunga uJehova ngokuthi: UNkulunkulu makenze njalo kimi, enezele futhi, uma u-Adoniya engakhulumanga leli zwi libe ngelokufa kwakhe.

24Ngalokho, kuphila kukaJehova ongiqinisileyo, wangibeka esihlalweni sobukhosi sikaDavide ubaba, wangenza indlu njengokukhuluma kwakhe; namhla nje uyakubulawa u-Adoniya.

25Inkosi uSolomoni yayisithumela ngesandla sikaBenaya indodana kaJehoyada: wamsukela; wafa.

26 Inkosi yathi ku-Abiyathara umpristi: Hamba uye e-Anathoti emasimini akho, lokhu ungowokufa, kepha angiyikukubulala namuhla, ngokuba wawuwuthwala umphongolo weNkosi uJehova phambi kukaDavide ubaba, wahlupheka ngakho konke ubaba ahlupheka ngakho.

27 USolomoni wayesemxosha u-Abiyathara, angabe esaba ngumpristi kuJehova, ukuba agcwalise izwi likaJehova alikhuluma ngendlu ka-Eli eShilo.

28Lapho kufika umbiko kuJowabe ngokuba uJowabe -- wayemlandele u-Adoniya noma engamlandelanga u-Abisalomu uJowabe -- wabaleka, waya etendeni likaJehova, wabamba izimpondo ze-altare.

29 Inkosi uSolomoni yatshelwa ukuthi: UJowabe ubalekele etendeni likaJehova; bheka, ungase-altare. USolomoni wayesethuma uBenaya indodana kaJehoyada ngokuthi: Hamba, umsukele.

30UBenaya wafika etendeni likaJehova, wathi kuye: Isho kanje inkosi, ithi: Phuma. Wathi: Qha, ngiyakufela lapha. UBenaya wabuyisela enkosini izwi lokuthi: Washo njalo uJowabe, wangiphendula kanjalo.

31 Inkosi yathi kuye: Yenza njengokusho kwakhe, umsukele, ummbele, ukuba ususe kimi nakuyo indlu kababa igazi elachithwa ngeze nguJowabe.

32 UJehova uyakulibuyisela igazi lakhe ekhanda lakhe, ngokuba wasukela amadoda amabili alungileyo amahle kunaye, wawabulala ngenkemba, ubaba uDavide engazi: u-Abineri indodana kaNeri, induna yempi yakwa-Israyeli, no-Amasa indodana kaJetheri, induna yempi yakwaJuda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33 Igazi labo liyakubuyela ekhanda likaJowabe nasekhanda lenzalo yakhe kuze kube phakade; kepha kuDavide, nakuyo inzalo yakhe, nakuyo indlu yakhe, nakuso isihlalo sakhe sobukhosi kuyakuba ngukuthula kuze kube phakade, kuvela kuJehova.

34 Wayesenyuka uBenaya indodana kaJehoyada, wamsukela, wambulala; wembelwa endlini yakhe ehlane.

35 Inkosi yayisimbeka uBenaya indodana kaJehoyada phezu kwempi esikhundleni sakhe; uSadoki umpristi inkosi yambeka esikhundleni sika-Abiyathara.

36 Inkosi yathuma yambiza uShimeyi, yathi kuye: Zakhele indlu eJerusalema, uhlale khona, ungaphumi lapho ukuya ndawo.

37 Ngokuba mhla uphuma, uwele umfudlana iKidroni, yazisisa ukuthi uyakufa nokufa; igazi lakho liyakuba sekhanda lakho.

38 Wayesethi uShimeyi enkosini: Lelo zwi lilungile; inceku yakho iyakwenza njengokusho kwenkosi yami, inkosi. UShimeyi wahlala eJerusalema izinsuku eziningi.

39 Kwathi ngasekupheleni kweminyaka emithathu izinceku ezimbili zikaShimeyi zabaleka, zaya ku-Akhishi indodana kaMahakha inkosi yaseGati. UShimeyi watshelwa ukuthi: Bheka, izinceku zakho ziseGati.

40 Wayesesuka uShimeyi, wabophela imbongolo yakhe, waya eGati ku-Akhishi ukuba afune izinceku zakhe; wahamba uShimeyi, wazibuyisa izinceku zakhe eGati.

41 Kwabikelwa uSolomoni ukuthi uShimeyi wayesukile eJerusalema ukuya eGati nokuthi ubuyile.

42 Inkosi yayisithuma yambiza uShimeyi, yathi kuye: Angithi ngikufungisile uJehova, ngaqinisa kuwe ukuthi: Mhla uphuma uye nomaphi, yazisisa ukuthi uyakufa nokufa, na? Wathi kimi: Izwi engilizwileyo lihle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

43Pho, awugcinanga ngani isifungo sikaJehova nomyalo engakuyala ngakho na?

44 Inkosi yathi futhi kuShimeyi: Wena uyazi konke okubi okwaziwa yinhliziyo yakho, owakwenza kuDavide ubaba; ngalokho uJehova uyakubuyisela ububi bakho ekhanda lakho.

45Kepha inkosi uSolomoni iyakubusiswa, nesihlalo sobukhosi sikaDavide siyakuqiniswa phambi kukaJehova kuze kube phakade.

46Ngokuyala kwenkosi uBenaya indodana kaJehoyada waphuma wamsukela; wafa. Umbuso wawusulokhu uqiniswa njalo esandleni sikaSolomoni.

## 1 AmaKhosi 3

### Ukuganwa kukaSolomoni

1 USolomoni wahlangana ngobuhlobo noFaro inkosi yaseGibithe, wathatha indodakazi kaFaro, wayingenisa emzini kaDavide, waze waqeda ukwakha indlu yakhe, nendlu kaJehova, nogange lwaseJerusalema nxazonke.

2 Nokho abantu babehlaba ezindaweni eziphakemeyo, ngokuba kwakungakhelwanga igama likaJehova indlu kwaze kwaba yilezo zinsuku.

3USolomoni wamthanda uJehova, wahamba ngezimiso zikaDavide uyise; kepha wahlaba, washisa impepho ezindaweni eziphakemeyo.

### Ukuhlaba kukaSolomoni nephupho lakhe eGibeyoni

4 Inkosi yaya eGibeyoni ukuhlabela khona, ngokuba kwakuyindawo ephakemeyo enkulu; uSolomoni wanikela ngeminikelo yokushiswa eyinkulungwane e-altare lelo.

5 EGibeyoni uJehova wabonakala kuSolomoni ngephupho ebusuku; uNkulunkulu wathi: Cela lokhu othanda ukuba ngikunike khona.

6 USolomoni wathi: Wenzele inceku yakho uDavide ubaba umusa omkhulu njengokuhamba kwakhe phambi kwakho ngeqiniso, nangokulunga, nangobuqotho benhliziyo kuwe, wamgcinela futhi lowo musa omkhulu, wamnika indodana ukuba ihlale esihlalweni sakhe sobukhosi, njengokuba kunjalo namuhla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Manje, Jehova Nkulunkulu wami, ubekile inceku yakho inkosi esikhundleni sikaDavide ubaba; ngingumntwana omncane nje, angikwazi nokungena nokuphuma.

8 Inceku yakho iphakathi kwabantu bakho obakhethileyo, isizwe esikhulu, esingenakubalwa, esingenakuthathwa umumo waso ngobuningi.

9 Ngalokho yiphe inceku yakho inhliziyo elalelayo ukwahlulela abantu bakho ukuba ngahlukanise okuhle nokubi, ngokuba ngubani ongahlulela laba bantu bakho abakhulu kangaka na?

10 Leyo nkulumo yaba nhle emehlweni eNkosi ukuba uSolomoni wayecele leyo nto.

11 Wathi uNkulunkulu kuye: Ngokuba ucele leyo nto, ungazicelelanga izinsuku eziningi, ungazicelelanga namfuyo, ungacelanga futhi ukufa kwezitha zakho, uzicelele ukwahlukanisa lokho okuzwayo ekwahluleleni,

12 bheka, ngenzile njengezwi lakho: nakhu, ngikunika inhliziyo enokuhlakanipha nokuqonda, okungazange kube khona okunjengakho ngaphambi kwakho nokungayikuvela futhi okunjengakho nangasemva kwakho.

13 Ngikunika futhi nalokho ongakucelanga, imfuyo nodumo, ngangokuba kungayikubakho onjengawe phakathi kwamakhosi zonke izinsuku zakho.

14 Uma uhamba ngezindlela zami, ugcine izimiso zami nemiyalo yami, njengalokho uyihlo uDavide wahamba, ngiyakwandisa izinsuku zakho.

15 USolomoni wayesephaphama; bheka, kwakuyiphupho; waya eJerusalema, wema phambi komphongolo wesivumelwano sikaJehova, wanikela ngeminikelo yokushiswa, wanikela ngeminikelo yokuthula, wazenzela izinceku zakhe zonke idili.

### Ukuhlakanipha kukaSolomoni ekwahluleleni

16 Khona kwafika enkosini abesifazane ababili abayizifebe, bema phambi kwayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Omunye owesifazane wathi: E nkosi, mina nalo wesifazane sihlala ndlininye; ngabeletha nginaye endlini.

18Kwathi ngosuku lwesithathu sengibelethile, lo wesifazane wabeletha naye; sasindawonye, kwakungekho mfokazi nathi endlini, kuyithina sobabili kuphela.

19 Umfana walo wesifazane wafa ebusuku, ngokuba walala phezu kwakhe.

20Wavuka phakathi kwamabili, wathatha umfana wami eceleni kwami, incekukazi yakho ilele ubuthongo, wambeka esifubeni sakhe, wabeka umfana wakhe ofileyo esifubeni sami.

21Lapho sengivuka ekuseni ukuba ngimncelise umfana wami, bheka, wayesefile; kepha sengimbhekisisa ekuseni, bheka, kwakungesiye umfana wami engimzeleyo.

22Wayesethi omunye owesifazane: Qha, ophilayo ungumfana wami, ofileyo ngumfana wakho. Kepha yena wathi: Qhabo, ofileyo ungumfana wakho, ophilayo ngumfana wami. Bakhuluma kanjalo phambi kwenkosi.

23Yayisithi inkosi: Omunye uthi: Ngowami lo mfana ophilayo, ngumfana wakho ofileyo; omunye uthi: Qha, ngumfana wakho ofileyo, ngumfana wami ophilayo.

24Yathi inkosi: Ngiletheleni inkemba. Baletha inkemba enkosini.

25Yathi-ke inkosi: Mdabuleni kabili umntwana ophilayo, ninike omunye inxenye nomunye inxenye.

26 Wayesekhuluma enkosini owesifazane ongowakhe umntwana ophilayo, ngokuba izibilini zakhe zavutha ngomntanakhe, wathi: E nkosi, mnike yena umntwana ophilayo, ungambulali nakanye, kepha omunye wathi: Makangabi ngowami nangowakho; mdabuleni.

27Yayisithatha inkosi, yathi: Mnikeni lowo umntwana ophilayo, ningamdabuli nakanye; nguye ongunina.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28 U-Israyeli wonke wezwa leso sahlulelo esenziwe yinkosi; bayesaba inkosi, ngokuba babona ukuthi ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kwakukuyo ekwahluleleni kwayo.

## 1 AmaKhosi 4

### Izinduna nezinceku zikaSolomoni

1 Inkosi uSolomoni yabusa u-Israyeli wonke.

2 Yilezi izikhulu eyayinazo: u-Azariya indodana kaSadoki wayengumpristi;

3 o-Elihorefi no-Ahiya amadodana kaShisha babe ngababhali, noJehoshafati indodana ka-Ahiludi wayengumabhalana;

4 uBenaya indodana kaJehoyada wayephezu kwempi; oSadoki no-Abiyathara babe ngabapristi;

5 u-Azariya indodana kaNathani wayephezu kwezinduna; uZabudi indodana kaNathani wayengumpristi nomngane wenkosi;

6 u-Ahishari wayephezu kwabendlu; u-Adoniramu indodana ka-Abida wayephethe ezemali.

7 USolomoni wayenezinduna eziyishumi nambili phezu kwabo bonke abakwa-Israyeli ezazifunela inkosi nabendlu yayo ukudla; yileyo naleyo yayifuna ukudla inyanga inye ngomnyaka.

8 Nanka amagama azo: oBeni-Huri ezintabeni zakwa-Efrayimi,

9 noBeni-Dekeri eMakhasi, naseShahalabimi, naseBeti Shemeshi, nase-Eloni Beti Hanani,

10 noBeni Hesedi e-Aruboti, okwakungelakhe iSoko nalo lonke izwe laseHeferi,

11 noBeni Abinadaba kulo lonke iNafati Dori; uThafati indodakazi kaSolomoni wayengumkakhe;

12 uBahana indodana ka-Ahiludi eThahanaki, naseMegido, nakulo lonke iBeti Sheyani elingaseceleni kweSaretani, ngenzansi kwaseJizreyeli, kusukela eBeti Sheyani kuze kube se-Abela Mehola nangaphesheya kweJokimeyamu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

13noBeni Geberi eRamoti Gileyadi, okwakungeyakhe imizi kaJayire indodana kaManase ekwaGileyadi, nezwe lase-Arigobi eliseBashani, imizi engamashumi ayisithupha enezingange nemigoqo yethusi,

14no-Ahinadaba indodana ka-Ido eMahanayimi,

15no-Ahimahasi kwaNafetali, yena owathatha uBasemati indodakazi kaSolomoni abe ngumkakhe,

16noBahana indodana kaHushayi kwa-Asheri nase-Aloti,

17noJehoshafati indodana kaPharuwa kwa-Isakare,

18noShimeyi indodana ka-Ela kwaBenjamini,

19noGeberi indodana ka-Uri ezweni lakwaGileyadi, izwe likaSihoni inkosi yama-Amori no-Ogi inkosi yaseBashani, ngokuba kwakuyinduna eyodwa kulelo zwe.

20 OJuda no-Israyeli babe baningi ngangesihlabathi solwandle ngobuningi, bedla, bephuza, bejabula.

21 USolomoni wabusa phezu kwemibuso yonke kusukela eMfuleni kuze kube sezweni lamaFilisti nasemkhawulweni waseGibithe; bathela intela, bamkhonza uSolomoni zonke izinsuku zokuhamba kwakhe.

22Ukudla kukaSolomoni ngosuku olulodwa kwakungamakhora angamashumi amathathu empuphu ecolekileyo, namakhora angamashumi ayisithupha empuphu,

23nezinkabi eziyishumi ezikhuluphalisiweyo, nezinkabi ezingamashumi amabili zasemadlelweni, nezimvu eziyikhulu ngaphandle kwezindluzele, namanxala, nezinsephe, nezinkuku ezikhuluphalisiweyo.

24Wabusa ezweni lonke ngaphesheya koMfula kusukela eThifisa kuze kube seGaza phezu kwawo onke amakhosi ngaphesheya koMfula; wayenokuthula nxazonke zakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25 OJuda no-Israyeli bahlala belondekile, kwaba yilowo nalowo phansi komvini wakhe nomkhiwane wakhe, kusukela kwaDani kuze kube seBeri Sheba, zonke izinsuku zikaSolomoni.

26 USolomoni wayenezipani eziyizinkulungwane ezingamashumi amane zamahhashi ezinqola zakhe nabamahhashi abayizinkulungwane eziyishumi nambili.

27Izinduna lezo zafunela ukudla inkosi uSolomoni nabo bonke abasondela etafuleni lenkosi uSolomoni, kwaba yileyo naleyo ngenyanga yayo; kwakungasweleki lutho.

28Nebhali, nefoliji lamahhashi, namahhashi anejubane zakuletha endaweni lapho zikhona, kwaba yileyo naleyo njengokunqunyelwe yona.

### Ukuhlakanipha kukaSolomoni

29UNkulunkulu wamnika uSolomoni ukuhlakanipha nengqondo ebanzi kakhulu, nenhliziyo enkulu ngangesihlabathi esisogwini lolwandle.

30Ukuhlakanipha kukaSolomoni kwadlula ukuhlakanipha kwabantu bonke basempumalanga nakho konke ukuhlakanipha kwaseGibithe.

31Ngokuba wayehlakaniphile kunabo bonke abantu: kuno-Ethani umEzra, noHemani, noKalikoli, noDarda amadodana kaMaholi, negama lakhe lalisezizweni zonke nxazonke.

32Waqamba izaga eziyizinkulungwane ezintathu; amaculo akhe ayeyinkulungwane nanhlanu.

33Wakhuluma ngemithi kusukela kuwo umsedari oseLebanoni kuze kube kulo ihisopi elimila odongeni; wakhuluma nangezinkomo, nangezinyoni, nangezilwanyana ezinwabuzelayo, nangezinhlanzi.

34 Kwafika abantu basezizweni zonke ukuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni bevela emakhosini onke abezwile ukuhlakanipha kwakhe.

## 1 AmaKhosi 5

### Isivumelwano sikaSolomoni noHiramu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 UHiramu inkosi yaseTire wathuma izinceku zakhe kuSolomoni, ngokuba wayezwile ukuthi ugcotshiwe abe yinkosi esikhundleni sikayise, ngokuba uHiramu wayengumngane kaDavide njalo.

2USolomoni wathumela kuHiramu, wathi:

3 Wena uyazi ukuthi uDavide ubaba wayengenakwakhela igama likaJehova uNkulunkulu wakhe indlu ngenxa yezimpi ezazimzungeza nxazonke, uJehova waze wazibeka phansi kwamathe ezinyawo zakhe.

4Kepha manje uJehova uNkulunkulu wami unginike ukuphumula nxazonke; kakho omelana nami, akukho ngozi.

5 Bheka, sengicabanga ukwakhela igama likaJehova uNkulunkulu wami indlu, njengalokho uJehova akhuluma kuDavide ubaba, ethi: Indodana yakho, engiyakuyibeka esihlalweni sakho sobukhosi esikhundleni sakho, yona iyakwakhela igama lami indlu.

6 Ngalokho yaleza ukuba bangigawulele imisedari eLebanoni, izinceku zami zibe nezakho; ngiyakukunika inkokhelo yezinceku zakho njengakho konke ongakusho, ngokuba wena uyazi ukuthi akukho muntu kithi ongagawula imithi njengamaSidoni.

7 Kwathi uHiramu ezwile amazwi kaSolomoni wathokoza kakhulu, wathi: Makabusiswe uJehova namuhla omnikile uDavide indodana ehlakaniphileyo phezu kwalabo bantu abakhulu.

8UHiramu wayesethumela kuSolomoni, wathi: Ngizwile lokho okuthume kimi; mina ngiyakwenza konke okufunayo ngemisedari nangemisayipuresi.

9Izinceku zami ziyakuyehlisa eLebanoni, ziyiyise elwandle, mina ngiyenze ibe yizihlenga ezihamba elwandle, ziye endaweni oyakungiyalela yona, zihlakazwe khona; wena wozithatha khona, ufeze engikufunayo ngokubapha abendlu yami ukudla.

10UHiramu wayesenika uSolomoni imisedari nemisayipuresi njengakho konke ukufuna kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11USolomoni wamnika uHiramu amakhora ayizinkulungwane ezingamashumi amabili kakolweni, ukudla kwabendlu yakhe, namakhora angamashumi amabili amafutha akhanyiweyo; uSolomoni wamnika kanjalo uHiramu iminyaka ngeminyaka.

12UJehova wamnika uSolomoni ukuhlakanipha njengokusho kwakhe kuye; kwakukhona ukuthula phakathi kukaHiramu noSolomoni; benza isivumelwano bobabili.

**Ukwakhiwa kwethempeli kuyalungiswa**

13Inkosi uSolomoni yabiza izisebenzi kubo bonke abakwa-Israyeli; izisebenzi zaba ngabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu.

14 Wabathuma eLebanoni, beyizinkulungwane eziyishumi ngenyanga, bededelana; babe seLebanoni inyanga, babe sekhaya izinyanga ezimbili; u-Adoniramu wayephezu kwezisebenzi.

15 USolomoni wayenabathwalayo imithwalo abayizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa, nababazi bamatshe ezintabeni abayizinkulungwane ezingamashumi ayisishiyagalombili,

16ngaphandle kwezinduna ezinkulu zikaSolomoni ezaziphethe umsebenzi, izinkulungwane ezintathu namakhulu amathathu, ezazibusa abantu ababewenza umsebenzi.

17Inkosi yayala, baqopha amatshe amakhulu, amatshe anenani elikhulu, ukuba babeke isisekelo sendlu ngamatshe abaziweyo.

18 Abakhi bakaSolomoni nabakhi bakaHiramu nabaseGebali bawabaza, balungisa imithi namatshe ukwakha indlu.

## 1 AmaKhosi 6

**Ithempeli**

1 Kwathi ngomnyaka wamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili emva kokuphuma kwabantwana bakwa-Israyeli ezweni laseGibithe, ngomnyaka wesine wokubusa kukaSolomoni phezu kwabakwa-Israyeli, ngenyanga kaZivi eyinyanga yesibili, waqala ukwakha indlu kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Indlu inkosi uSolomoni eyayakhela uJehova, ubude bayo babuyizingalo ezingamashumi ayisithupha, nobubanzi bayo babungezingamashumi amabili, nokuphakama kwayo kwakuyizingalo ezingamashumi amathathu.

3Umpheme ngaphambili kwendlu yethempeli wawuyizingalo ezingamashumi amabili ubude bawo maqondana nobubanzi bendlu; ububanzi bawo babuyizingalo eziyishumi ngaphambi kwendlu.

4Wenzela indlu amafasitele anamahele angenakususwa.

5Ngasodongeni lwendlu wakha izimpondo nxazonke ngasezindongeni zendlu nxazonke, ethempelini nasegumbini; wenza amakamelo asezinhlangothini nxazonke;

6uphondo lwangaphansi lwaluyizingalo eziyisihlanu ububanzi balo, noluphakathi lwaluyizingalo eziyisithupha ububanzi balo, nolwesithathu lwaluyizingalo eziyisikhombisa ububanzi balo; ngokuba ngaphandle wenza uqaqa endlini nxazonke, ukuze imishayo ingangeni ezindongeni zendlu.

7 Indlu isakhiwa yakhiwa ngamatshe alungiswa enkwalini; akuzwakalanga sando nazembe naphiki nanto yensimbi, isakhiwa.

8Umnyango wekamelo lohlangothi eliphakathi wawuseceleni lokunene lendlu; kwakhushukwa ngezikhwelo ezishwilayo ukuya ophondweni olungaphakathi, kuphunywe kolungaphakathi kuyiwe kolwesithathu.

9Wakha-ke kanjalo indlu, wayiqeda, wayifulela indlu ngemishayo nangamapulangwe emisedari.

10Wakha izimpondo zangasendlini yonke, yilolo nalolo lwaba yizingalo eziyisihlanu ukuphakama kwalo; zanamathela endlini ngemithi yemisedari.

11Izwi likaJehova lafika kuSolomoni, lathi:

12 Kumi kanje maqondana nale ndlu oyakhayo: uma uyakuhamba ngezimiso zami, wenze izahlulelo zami, ugcine yonke imiyalo yami ukuba uhambe ngayo, ngiyakugcwalisa kuwe izwi engalikhuluma kuDavide uyihlo:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13ngiyakuhlala phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, ngingabashiyi abantu bami u-Israyeli.

14Wakha-ke uSolomoni indlu, wayiqeda.

15Wakha izindonga zendlu ngaphakathi ngamapulangwe emisedari; kusukela phansi endlini kuze kufike emishayweni yophahla wembesa ngamapulangwe ngaphakathi, wendlala phansi endlini ngamapulangwe emisayipuresi.

16Wakha futhi izingalo ezingamashumi amabili ngaseceleni lendlu lasemuva ngamapulangwe emisedari kusukela phansi kuze kufike emishayweni, wazakhela phakathi okwaba yigumbi, okuyindawo engcwelengcwele.

17Indlu yangaphambili yethempeli yayiyizingalo ezingamashumi amane.

18Kwakungumsedari ngaphakathi endlini, kubaziwe ngezintangazane nangezimbali eziqhakazileyo; konke kwakungumsedari, akubonakalanga tshe khona.

19Walungisa igumbi phakathi endlini ukuba kubekwe khona umphongolo wesivumelwano sikaJehova.

20Phambi kwegumbi kwakuyizingalo ezingamashumi amabili ubude, nezingalo ezingamashumi amabili ngobubanzi, nezingalo ezingamashumi amabili ngokuphakama; wakunameka ngegolide elicwengekileyo, walembesa i-altare imisedari.

21USolomoni wayinameka indlu phakathi ngegolide elicwengekileyo, walivalela igumbi ngamaketanga egolide; walinameka nalo ngegolide.

22Wanameka-ke yonke indlu ngegolide, yaze yaphelela indlu yonke; ne-altare lonke elalisegumbini walinameka ngegolide.

23 Egumbini wenza amakherubi amabili ngomnqumo, yilelo nalelo liyizingalo eziyishumi ukuphakama kwalo.

24Elinye iphiko lekherubi laliyizingalo eziyisihlanu, nelinye iphiko lekherubi laliyizingalo eziyisihlanu; kusukela esihlokweni selinye iphiko kuze kufike esihlokweni selinye kwakuyizingalo eziyishumi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[25]Elinye ikherubi laliyizingalo eziyishumi nalo; amakherubi omabili ayeyisilinganiso sinye nesimo sinye.

[26]Ukuphakama kwelinye ikherubi kwakuyizingalo eziyishumi, nelinye ikherubi lalinjalo.

[27]Wawabeka amakherubi phakathi nendlu engaphakathi; amakherubi awelula amaphiko, iphiko lelinye lathinta odongeni, nephiko lelinye ikherubi lathinta odongeni olunye; amaphiko awo athintana phakathi nendlu.

[28]Wawanameka amakherubi ngegolide.

[29]Wafekethisa zonke izindonga zendlu nxazonke ngezithombe ezibaziweyo zamakherubi, nangamasundu, nangezimbali eziqhakazileyo ngaphakathi nangaphandle.

[30]Naphansi endlini wanameka ngegolide, ngaphakathi nangaphandle.

[31]Wenzela umnyango wegumbi izivalo zomnqumo; ikhothamo nezinsika zomnyango kwakuyizinhlangothi eziyisihlanu.

[32]Wenza-ke izivalo ezimbili ngomnqumo, wazifekethisa ngamakherubi abaziweyo, nangamasundu, nangezimbali eziqhakazileyo, wazinameka ngegolide, wembesa amakherubi namasundu igolide.

[33]Wenzela futhi umnyango wethempeli izinsika zomnyango ngomnqumo, ziyizinhlangothi ezine,

[34]nezivalo ezimbili ngomsayipuresi; izinxenye zombili zaleso naleso sivalo zasongwa.

[35]Wazifekethisa ngamakherubi, nangamasundu, nangezimbali eziqhakazileyo, wazinameka ngegolide kukho okubaziweyo.

[36]Wakha igceke elingaphakathi ngezinhla ezintathu zamatshe abaziweyo, nohla lwemishayo yemisedari.

[37]Ngomnyaka wesine isisekelo sendlu kaJehova sase sibekiwe ngenyanga kaZivi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[38]Ngomnyaka weshumi nanye ngenyanga kaBuli eyinyanga yesishiyagalombili indlu yaqedwa kukho konke okwayo ngayo yonke imithetho yayo. Wayelokhu akha iminyaka eyisikhombisa.

## 1 AmaKhosi 7

### Indlu kaSolomoni

[1]Kepha uSolomoni wakha indlu yakhe iminyaka eyishumi nantathu, wayiqeda indlu yakhe yonke.

[2]Wakha nendlu yehlathi laseLebanoni; ubude bayo babuyizingalo eziyikhulu, nobubanzi bayo babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu, nokuphakama kwayo kwakuyizingalo ezingamashumi amathathu phezu kwezinhla ezine zezinsika zemisedari, imishayo yemisedari iphezu kwezinsika.

[3]Yafulelwa ngemisedari phezu kwemishayo engamashumi amane nanhlanu eyayiphezu kwezinsika eziyishumi nanhlanu, uhla lulunye.

[4]Kwakukhona amahele ayizinhla ezintathu; ifasitele lalibhekene nefasitele izinhla ezintathu.

[5]Yonke iminyango nezinsika kwakuyizinhlangothi ezine ngemishayo; ifasitele lalibhekene nefasitele izinhla ezintathu.

[6]Wenza indlu yezinsika; ubude bayo babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu; nobubanzi bayo babuyizingalo ezingamashumi amathathu, inompheme nezinsika phambi kwayo, naphambi kwazo yisikhwelo.

[7]Wenza umpheme wesihlalo sobukhosi lapho ebeyakwahlulela khona, umpheme wokwahlulela; wawembeswe imisedari kusukela phansi kuze kufike phezulu.

[8] Indlu yakhe lapho ebeyakuhlala khona kwelinye igceke phakathi kompheme yayenziwe kanjalo. Wenzela nendodakazi kaFaro abeyithathile uSolomoni indlu eyafana nalwo mpheme.

[9]Konke lokho kwakhiwa ngamatshe anenani elikhulu, amatshe abaziwe ngezilinganiso, asahwe ngamasaha, ngaphakathi nangaphandle, kusukela

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

esisekelweni kuze kufike phezulu, nangaphandle kuze kube segcekeni elikhulu.

10Nesisekelo sasingamatshe anenani elikhulu, amatshe amakhulu, amatshe ayizingalo eziyishumi, namatshe ayizingalo eziyisishiyagalombili.

11Naphezulu kwakungamatshe anenani elikhulu, amatshe abaziweyo ngezilinganiso, nemisedari.

12Igceke elikhulu nxazonke lalinezinhla ezintathu zamatshe abaziweyo nohla lwemisedari njengegceke elingaphakathi lendlu kaJehova nompheme wendlu.

### Umsebenzi kaHiramu ethempelini

13 Inkosi uSolomoni yathumela yamlanda uHiramu eTire.

14Wayeyindodana yomfelokazi wesizwe sakwaNafetali; uyise wayengumuntu ogcwele ukuhlakanipha, nengqondo, nokwazi ukwenza yonke imisebenzi yethusi. Wafika enkosini uSolomoni, wasebenza wonke umsebenzi wayo.

15 Wakhanda izinsika ezimbili zethusi, yileyo naleyo iyizingalo eziyishumi nesishiyagalombili ubude bayo, nomucu oyizingalo eziyishumi nambili wazungeza enye insika.

16Wenza izihloko ezimbili ngethusi elibunjiweyo ukuba zibekwe phezu kwezinsika; ubude besinye isihloko babuyizingalo eziyisihlanu, nobude besinye isihloko babuyizingalo eziyisihlanu.

17Kwakukhona ezihlokweni ezaziphezu kwezinsika imihlobiso yamanetha amahele, nezinsephe ezenziwe njengamaketanga, kuyisikhombisa kwesinye isihloko, nesikhombisa kwesinye.

18Wenza amapomegranati; kwakuyizinhla ezimbili nxazonke kwelinye inetha ukwembesa izihloko ezaziphezu kwezinsika; wenze njalo nakwesinye isihloko.

19Izihloko ezaziphezu kwezinsika zasemphemeni zafaniswa neminduze; zaziyizingalo ezine.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20Kwakukhona izihloko naphezu kwezinsika zombili eduze nesisu esasiseceleni kwenetha; amapomegranati ayengamakhulu amabili, eyizinhla nxazonke phezu kwesinye isihloko.

21Wazimisa izinsika ngasemphemeni wethempeli; wayimisa insika yokunene, waqamba igama layo ngokuthi uJakini, wayimisa nensika yasokhohlo, waqamba igama layo ngokuthi uBowazi.

22Ezihlokweni zezinsika kwakukhona okufanisiwe neminduze; kwaphela kanjalo umsebenzi wezinsika.

23 Wenza nolwandle olubunjiweyo; lwaluyizingalo eziyishumi kusukela kolunye udini kuze kufike kolunye, lwaluyisiyingelezi; ukuphakama kwalo kwakuyizingalo eziyisihlanu; umucu oyizingalo ezingamashumi amathathu waluzungeza nxazonke.

24Phansi kodini lwalo nxazonke kwakukhona izintangazane ezaluzungezayo izingalo eziyishumi, zizungeza ulwandle nxazonke; izintangazane zazisezinhleni ezimbili, zibunjiwe ekubunjweni kwalo.

25Lwalumi phezu kwezinkabi eziyishumi nambili, ezintathu zibheke ngasenyakatho, ezintathu zibheke ngasentshonalanga, ezintathu zibheke ngaseningizimu, ezintathu zibheke ngasempumalanga; ulwandle lwalumiswe phezu kwazo, zonke zifulathelene.

26Uhlonze lwalo lwalungangobubanzi besandla; udini lwalo lwalwenziwe njengodini lwendebe lunjengembali yomnduze; lwalulingene namabhati ayizinkulungwane ezimbili.

27 Wenza izinqe eziyishumi zethusi; ubude besinqe sisinye babuyizingalo ezine, nobubanzi baso babuyizingalo ezine, nokuphakama kwaso kwakuyizingalo ezintathu.

28Lezo zinqe zazenziwe kanje: zazinezindini; izindini zaziphakathi kwezinsiko;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29kuzo izindini ezaziphakathi kwezinsiko kwakukhona izingonyama, nezinkabi, namakherubi; kwakunjalo nakuzo izinsiko phezulu; phansi kwezingonyama nezinkabi kwakukhona imigexo elengayo yezimbali.

30Yileso naleso sinqe sasinamasondo amane ethusi, nama-asi ethusi; lezi zinyawo ezine zazinamahlombe okuthwala; lawo mahlombe ayebunjiwe phansi komcengezi, enemigexo yezimbali ebhekene nawo onke.

31Umlomo waso wawuphakathi kwesihloko; ukuphakama kwawo kwakuyingalo; umlomo wawo wawuyisiyingelezi njengokwenziwa kwesinqe, uyingalo nenxenye; nasemlonyeni kwakukhona okubaziweyo; izindini zawo zaziyizinhlangothi ezine, zingesiso isiyingelezi.

32Lawo masondo amane ayephansi kwezindini; imbambelela yama-asi amasondo yayisesinqeni; ukuphakama kwesondo kwakuyingalo nenxenye.

33Amasondo ayenziwe njengesondo lenqola; izimbambelela zawo zama-asi, namabhande awo, nezipokwe zawo, namanamfu awo kwakubunjiwe konke.

34Kwakukhona amahlombe okuthwala emagumbini omane aleso naleso sinqe, izingalo zihlangene nesinqe.

35Phezu kwesinqe kwakukhona okuyisiyingelezi nxazonke; ukuphakama kwakho kwakuyinxenye yengalo, nezimbambelela zakho nezindini zakho zazihlangene nakho.

36Ezibhebheni zezimbambelela zakho nasezindinini zakho waqopha amakherubi, nezingonyama, namasundu njengendawo yakho konke ngakunye, kanye nemigexo yezimbali nxazonke.

37Wenza kanjalo izinqe eziyishumi; zonke zazikubunjwa kunye, nesilinganiso sinye, nesimo sinye.

38 Wenza imicengezi eyishumi ngethusi; umcengezi munye wawulingene namabhati angamashumi amane; yilowo nalowo mcengezi wawuyizingalo ezine, naphezu kwezinqe eziyishumi ngazinye kwakukhona umcengezi munye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

39 Wazibeka izinqe eziyisihlanu ngaseceleni lokunene lendlu neziyisihlanu ngaseceleni lasokhohlo lendlu; walubeka ulwandle ngaseceleni lokunene lendlu ngasempumalanga yangaseningizimu.

40 UHiramu wayenza leyo micengezi, namafosholo, nezitsha. UHiramu wayeseqeda ukwenza wonke umsebenzi abewenzela inkosi uSolomoni endlini kaNkulunkulu:

41 izinsika ezimbili, nezihloko ezimbili ezinjengezinkamba ezaziphezu kwezinsika, namanetha amabili okwembesa izihloko ezimbili ezinjengezinkamba ezaziphezu kwezinsika,

42 namapomegranati angamakhulu amane amanetha omabili, izinhla ezimbili zamapomegranati kulelo nalelo netha, okwembesa izihloko zombili ezazinjengezinkamba ezaziphezu kwezinsika,

43 nezinqe eziyishumi, nemicengezi eyishumi ezinqeni,

44 nolwandle lunye, nezinkabi eziyishumi nambili phansi kolwandle,

45 namakhanzi, namafosholo, nezitsha; zonke lezo zinto uHiramu azenzela inkosi uSolomoni endlini kaJehova zaziyithusi eliphucuziweyo.

46 Inkosi yazibumba ethafeni laseJordani emhlabathini webumba phakathi kweSukoti neSaretani.

47 USolomoni waziyeka zonke izinto zingalinganiswanga ngenxa yobuningi bazo obukhulu kakhulu; nesisindo sethusi sasingenakutholwa.

48 USolomoni wenza-ke zonke izinto ezazisendlini kaJehova: i-altare legolide, netafula legolide okwakukhona kulo izinkwa zokubukwa,

49 nezinti zezibani zegolide elicwengekileyo eziyisihlanu ngakwesokunene neziyisihlanu ngakwesokhohlo phambi kwegumbi, nezimbali, nezibani, nezindlawu, ngegolide,

50 nezindebe, nezizenze, nezitsha, nezinkezo, nemicengezi yomlilo, ngegolide elicwengekileyo, nezingibe zegolide zezivalo zendlu engaphakathi, indawo engcwelengcwele, nezivalo zendlu yethempeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

51 Sekuphelile wonke umsebenzi inkosi uSolomoni eyawenzayo endlini
kaJehova, uSolomoni wangenisa izinto uyise uDavide ayezingcwelisile,
isiliva, negolide, nezitsha, wakubeka engcebeni yendlu kaJehova.

## 1 AmaKhosi 8

### Ukungeniswa komphongolo kaJehova ethempelini

1 Khona uSolomoni wabutha amalunga akwa-Israyeli nezinhloko zezizwe,
izikhulu zawoyise babantwana bakwa-Israyeli enkosini uSolomoni
eJerusalema, ukuba bakhuphule umphongolo wesivumelwano sikaJehova
emzini kaDavide oyiSiyoni.

2 Onke amadoda akwa-Israyeli abuthana enkosini uSolomoni emkhosini
wasenyangeni ka-Ethanimi eyinyanga yesikhombisa.

3 Esefikile onke amalunga akwa-Israyeli, abapristi baphakamisa umphongolo.

4 Bakhuphula umphongolo kaJehova, netende lokuhlangana, nazo zonke
izinto ezingcwele ezazisetendeni, kwakhushulwa ngabapristi namaLevi.

5 Inkosi uSolomoni nayo yonke inhlangano yakwa-Israyeli eyayihlangene
kuyo babenayo phambi komphongolo, behlaba izimvu nezinkabi
ezingenakulotshwa, zingenakubalwa ngobuningi bazo.

6 Abapristi bawungenisa umphongolo wesivumelwano sikaJehova endaweni
yawo egumbini lendlu, indawo engcwelengcwele, phansi kwamaphiko
amakherubi.

7 Ngokuba amakherubi ayewelula amaphiko awo phezu kwendawo
yomphongolo, amakherubi asibekela umphongolo nezinti zawo ngaphezulu.

8 Izinti zazizinde kangako ukuba izihloko zezinti zibonakale endaweni
engcwele phambi kwegumbi; kepha zazingabonakali ngaphandle; zisekhona
lapho kuze kube namuhla.

9 Kwakungekho lutho emphongolweni, kuphela izibhebhe ezimbili zamatshe
ezabekwa khona nguMose eHorebe, lapho uJehova enza isivumelwano
nabantwana bakwa-Israyeli ekuphumeni kwabo eGibithe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

10 Kwathi lapho abapristi sebephumile endaweni engcwele, ifu lagcwalisa indlu kaJehova,

11 abapristi baze bangema ukukhonza ngenxa yefu, ngokuba inkazimulo kaJehova yagcwalisa indlu kaJehova.

12 Khona wakhuluma uSolomoni, wathi: UJehova ushilo ukuthi uyakuhlala esigayegayeni.

13 Ngikwakhele nokukwakhela indlu yokuhlala, indawo yokuhlala kwakho kuze kube phakade.

14 Inkosi yayisiphenduka, yalibusisa lonke ibandla lakwa-Israyeli, lonke ibandla lakwa-Israyeli, lalimi.

15 Yathi: Makabongwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli owakhuluma ngomlomo wakhe kuDavide ubaba, ukugcwalisile ngesandla sakhe, ethi:

16 Kusukela osukwini engakhipha ngalo abantu bami u-Israyeli eGibithe angikhethanga muzi ezizweni zonke zakwa-Israyeli ukwakha indlu ukuba igama lami libe khona lapho, kepha ngamkhetha uDavide abe phezu kwabantu bami u-Israyeli.

17 Kwakusenhliziyweni kaDavide ubaba ukwakhela igama likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli indlu.

18 Kepha uJehova wathi kuDavide ubaba: Njengokuba kwakusenhliziyweni yakho ukwakhela igama lami indlu, wenza kahle, ngokuba kwakusenhliziyweni yakho lokho;

19 kepha wena awuyikuyakha indlu, kodwa indodana yakho eyakuphuma okhalweni lwakho yiyona eyakwakhela igama lami indlu.

20 UJehova uliqinsisile izwi alikhulumayo, ngokuba mina ngivelile esikhundleni sikaDavide ubaba, ngihlezi esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli njengokusho kukaJehova, ngakhele igama likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli indlu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Ngimisile lapho indawo yomphongolo okukuwo isivumelwano sikaJehova asenza nawobaba ekubakhipheni ezweni laseGibithe.

### Ukuhlanjululwa kwethempeli

22USolomoni wema phambi kwe-altare likaJehova ebusweni balo lonke ibandla lakwa-Israyeli, welulela izandla zakhe ngasezulwini,

23wathi: Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, akakho unkulunkulu onjengawe phezulu ezulwini nasemhlabeni phansi, ogcina isivumelwano nomusa nezinceku zakho ezihamba phambi kwakho ngayo yonke inhliziyo yazo,

24ogcine nenceku yakho uDavide ubaba lokho owakusho kuyo; yebo, owakukhuluma ngomlomo wakho ukugcwalisile ngesandla sakho njengokuba kunjalo namuhla.

25 Ngalokho, Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, gcina nenceku yakho uDavide ubaba lokho owakusho kuyo ukuthi: Akuyikunqunywa muntu kuwe emehlweni ami ukuhlala esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli, uma kuphela abantwana bakho beqaphela indlela yabo ukuba bahambe phambi kwami, njengalokho wena uhambe phambi kwami.

26Ngalokho, Nkulunkulu ka-Israyeli, maliqiniseke izwi lakho owalikhuluma encekwini yakho uDavide ubaba.

27 Kepha uNkulunkulu uyakuhlala impela emhlabeni na? Bheka, izulu nezulu lamazulu alinakukwanela; pho, kakhulu kangakanani le ndlu encane engiyakhileyo na?

28Mawubheke umkhuleko wenceku yakho nokunxusa kwayo, Jehova Nkulunkulu wami, uzwe ukukhala nokukhuleka inceku yakho ekukhuleka phambi kwakho namuhla

29 ukuba amehlo akho avulekele le ndlu ubusuku nemini, indawo owathi ngayo: Igama lami liyakuba khona lapho, uze ulalele umkhuleko inceku yakho eyakuwukhuleka ibhekene nale ndawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30Kulalele ukunxusa kwenceku yakho nokwabantu bakho u-Israyeli abayakukukhuleka bebhekene nale ndawo, ukuzwe usendaweni yakho yokuhlala ezulwini, nalapho usuzwile, uthethelele.

31 Uma umuntu ona umakhelwane wakhe, athweswe isifungo sokumfungisa, abeseza ukufunga phambi kwe-altare lakho kule ndlu,

32mawuzwe wena ezulwini, wenze, wahlulele izinceku zakho, kulahlwe onecala, ubeke indlela yakhe phezu kwekhanda lakhe, uthethelele olungileyo, umnike njengokulunga kwakhe.

33 Lapho abantu bakho u-Israyeli benqotshwa yisitha, ngokuba bonile kuwe, kepha bese bebuya bephindela kuwe, balivume igama lakho, bakhuleke, banxuse kuwe kule ndlu,

34mawuzwe wena ezulwini, uthethelele isono sabantu bakho u-Israyeli, ubabuyisele ezweni owalinika oyise.

35 Lapho izulu livaliwe, imvula ingekho, ngokuba bonile kuwe, kepha bese bekhuleka bebhekene nale ndawo, balivume igama lakho, baphenduke esonweni sabo, ngokuba uyabajezisa,

36mawuzwe wena ezulwini, uthethelele isono sezinceku zakho nesabantu bakho u-Israyeli, lapho ubafundisa indlela enhle abayakuhamba ngayo, uthume imvula ezweni lakho obanike abantu bakho libe yifa labo.

37 Uma kukhona indlala ezweni, noma kukhona isifo, noma kukhona ukuhamuka, nesikhutha, nesikhonyane, nemiswenya, noma isitha sabo sibavimbezela ezweni lemizi yabo, noma kuyiphi inhlupheko nasiphi isifo,

38bese kuzwakala namuphi umkhuleko nakuphi ukunxusa noma ngumuphi umuntu noma yibo bonke abantu bakho u-Israyeli abayakwazi, kube yilowo nalowo inhlupheko yasenhliziyweni yakhe, elulele izandla zakhe kule ndlu,

39 mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, uthethelele, wenze, unike yilowo nalowo njengezindlela zakhe, wena owaziyo inhliziyo yakhe ngokuba wena kuphela uyazi izinhliziyo zabo bonke abantwana babantu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

40 ukuba bakwesabe zonke izinsuku zokuhlala kwabo ezweni owalinika obaba.

41 Futhi owezizwe ongesiye owabantu bakho u-Israyeli, lapho evela ezweni elikude ngenxa yegama lakho

42 ngokuba bayakuzwa ngegama lakho elikhulu, nangesandla sakho esinamandla, nangengalo yakho eyeluliweyo lapho ebeseza ukukhuleka kule ndlu,

43 mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, wenze njengakho konke lo wezizwe akhala ngakho kuwe, ukuze bonke abantu bomhlaba bazi igama lakho, bakwesabe wena njengabantu bakho u-Israyeli nokuze bazi ukuthi le ndlu engiyakhileyo ibiziwe ngegama lakho.

44 Uma abantu bakho bephuma impi ukulwa nesitha sabo ngendlela obathuma ngayo, bese bekhuleka kuJehova bebhekene nalo muzi owukhethileyo nale ndlu engiyakhele igama lakho,

45 mawuzwe wena ezulwini umkhuleko wabo nokunxusa kwabo, ubavume.

46 Uma bona kuwe -- ngokuba akukho muntu ongoniyo -- bese wubathukuthelela wena, ubanikele esitheni, ukuze ababathumbayo babamukisele ezweni lesitha, likude noma liseduze,

47 kepha bese becabanga ezweni lapho bethunjelwe khona, baphenduke, banxuse kuwe ezweni lababathumbayo ngokuthi: Sonile, senzile ngokuphambeneyo, saziphatha kabi;

48 uma bephendukela kuwe ngayo yonke inhliziyo yabo nangawo wonke umphefumulo wabo ezweni lezitha zabo ezabathumba, bakhuleke kuwe bebhekene nezwe lakubo owalinika oyise, umuzi owukhethileyo, nendlu engiyakhele igama lakho,

49 mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, umkhuleko wabo nokunxusa kwabo, ubavume,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

50uthethelele abantu bakho abonile kuwe nazo zonke iziphambeko zabo abaphambeke kuwe ngazo, ubanike ukuba bathole isihe phambi kwababathumbayo ukuba babaphathe ngesihe.

51 Ngokuba bangabantu bakho nefa lakho owalikhipha ezweni laseGibithe nasesithandweni sensimbi,

52 ukuba amehlo akho avulekele ukunxusa kwenceku yakho nokunxusa kwabantu bakho u-Israyeli ukubezwa kukho konke abakhala ngakho kuwe.

53 Ngokuba wena wabahlukanisa nabantu bonke bomhlaba, babe yifa lakho, njengalokho wakhuluma ngesandla sikaMose inceku yakho ekukhipheni obaba eGibithe, Nkosi Jehova.

54Kwathi uSolomoni eseqedile ukukhuleka wonke lo mkhuleko nalokho kunxusa kuJehova, wasuka e-altare likaJehova ekuguqeni ngamadolo akhe, izandla zakhe zelulelwe ngasezulwini.

55 Wema, wabusisa lonke ibandla lakwa-Israyeli ngezwi elikhulu, wathi:

56 Makabongwe uJehova onike abantu bakhe u-Israyeli ukuphumula njengakho konke akushiloyo; akuwanga izwi elilodwa lakho konke ukukhuluma kwakhe okuhle akusho ngesandla sikaMose inceku yakhe.

57UJehova uNkulunkulu wethu makabe nathi njengalokho ayenawobaba; makangasishiyi, angasilahli,

58ukuze adonsele izinhliziyo zethu kuye ukuba sihambe ngezindlela zakhe zonke, sigcine imiyalo yakhe, nezimiso zakhe, nezahlulelo zakhe ayala ngakho obaba.

59Lawo mazwi ami enginxuse ngawo phambi kukaJehova mawabe seduze noJehova uNkulunkulu wethu imini nobusuku ukuba avume inceku yakhe, avume nabantu bakhe u-Israyeli njengokudingeka kwemihla ngemihla,

60ukuba abantu bonke bomhlaba bazi ukuthi uJehova nguye onguNkulunkulu; akakho omunye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[61]Inhliziyo mayibe kuJehova uNkulunkulu wethu ngokupheleleyo, nihambe ngezimiso zakhe, nigcine imiyalo yakhe njenganamuhla.

[62] Inkosi naye wonke u-Israyeli enayo banikela ngomhlatshelo phambi kukaJehova.

[63]USolomoni wanikela kube ngumhlatshelo weminikelo yokuthula, owanikela ngawo kuJehova, izinkunzi eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili nezimvu eziyizinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili. Inkosi nabo bonke abantwana bakwa-Israyeli bahlambulula-ke indlu kaJehova.

[64]Ngalona lolo suku inkosi yangcwelisa ingaphakathi legceke elalingaphambi kwendlu kaJehova, ngokuba wanikela lapho ngomnikelo wokushiswa, nangomnikelo wempuphu, nangamanoni eminikelo yokuthula, lokhu i-altare lethusi elaliphambi kukaJehova lalilincane ukuba liwamukele umnikelo wokushiswa, nomnikelo wempuphu, namanoni eminikelo yokuthula.

[65] USolomoni wagubha-ke umkhosi ngaleso sikhathi naye wonke u-Israyeli enaye, ibandla elikhulu, kusukela ekuyeni eHamati kuze semfuleni waseGibithe, ngaphambi kukaJehova uNkulunkulu wethu izinsuku eziyisikhombisa nezinsuku eziyisikhombisa, okungukuthi izinsuku eziyishumi nane.

[66]Ngosuku lwesishiyagalombili wabamukisa abantu, bayibusisa inkosi, baya ematendeni abo bejabula, bethokoza ngenhliziyo ngakho konke okuhle uJehova akwenzile kuDavide inceku yakhe naku-Israyeli abantu bakhe.

## 1 AmaKhosi 9

### UJehova uyabonakala kuSolomoni

[1] Kwathi uSolomoni eseqedile ukwakha indlu kaJehova, nendlu yenkosi, nakho konke ukufisa kukaSolomoni ayefune ukukwenza,

[2]uJehova wabonakala kuSolomoni ngokwesibili, njengalokho ayebonakele kuye eGibeyoni.

[3] UJehova wathi kuye: Ngiwuzwile umkhuleko wakho nokunxusa kwakho onxuse ngakho phambi kwami; ngiyingcwelisile le ndlu oyakhileyo ukuba

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

ngibeke khona igama lami kuze kube phakade; amehlo ami nenhliziyo yami kuyakuba khona izinsuku zonke.

4 Wena-ke, uma uyakuhamba phambi kwami njengokuhamba kukaDavide uyihlo, ngenhliziyo engenacala nangobuqotho, ukuba wenze konke engikuyale ngakho, ugcine izimiso zami nezahlulelo zami,

5 ngiyakusimisa isihlalo sobukhosi sombuso wakho kwa-Israyeli kuze kube phakade, njengalokho ngasho kuDavide uyihlo ukuthi: Akuyikunqunywa muntu kuwe esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli.

6 Kodwa uma nibuya ekungilandeleni, nina noma abantwana benu, ningagcini imiyalo yami nezimiso zami engikubeke phambi kwenu, kepha nihambe nikhonze abanye onkulunkulu, nikhuleke kubo,

7 ngiyakumnquma u-Israyeli ezweni engimnike lona; nale ndlu engiyingcwelisele igama lami ngiyakuyilahla ebusweni bami, u-Israyeli abe yisaga nesifenqo phakathi kwabantu bonke.

8 Noma le ndlu iphakeme kangaka, bonke abadlula kuyo bayakumangala, banximfe, bathi: UJehova wenzeleni kanje kuleli zwe nakule ndlu na?

9 Bayakuphendula ngokuthi: Kungokuba bamshiya uJehova uNkulunkulu wabo owakhipha oyise ezweni laseGibithe, banamathela kwabanye onkulunkulu, bakhuleka kubo, babakhonza; ngalokho uJehova ubehlisele konke lokho okubi.

### UHiramu uphiwa imizi

10 Kwathi ngasekupheleni kweminyaka engamashumi amabili uSolomoni akhe ngayo izindlu zombili, indlu kaJehova nendlu yenkosi,

11 uHiramu inkosi yaseTire owayemsizile uSolomoni ngemisedari nangemisayipuresi nangegolide njengokufisa kwakhe konke wanikwa yinkosi uSolomoni imizi engamashumi amabili ezweni laseGalile.

12 UHiramu waphuma eTire ukuyobona imizi uSolomoni amnike yona, ayimthokozisanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Wathi: Iyini le mizi onginike yona, mfowethu, na? Wayibiza ngokuthi izwe laseKabuli kuze kube namuhla.

14UHiramu wayesethuma enkosini amatalenta ayikhulu namashumi amabili egolide.

### Izisebenzi nezindlu zikaSolomoni. Iminikelo yakhe

15 Indaba yezisebenzi ezabizwa yinkosi uSolomoni ukwakha indlu kaJehova, nendlu yakhe, neMilo, nogange lwaseJerusalema, neHasori, neMegido, neGezeri inje:

16 uFaro inkosi yaseGibithe wayenyukile wathatha iGezeri, walishisa ngomlilo, wabulala amaKhanani ayehlezi emzini, walinika umkaSolomoni indodakazi yakhe, libe yisipho sakhe.

17USolomoni wakha iGezeri neBeti Horoni laseNzansi,

18neBalati, neTamari lasehlane lalelo zwe,

19 nayo yonke imizi yokubekelela uSolomoni ayenayo, nemizi yezinqola zakhe, nemizi yabamahhashi bakhe, nalokhu uSolomoni ayefisa ukwakha khona eJerusalema, naseLebanoni, nasezweni lonke lapho ebusa khona.

20Abantu bonke abaseleyo kuma Amori, namaHeti, namaPherizi, namaHivi, namaJebusi, abangesibo abantwana bakwa-Israyeli,

21abantwana babo abasala ezweni emva kwabo, abantwana bakwa-Israyeli ababengenamandla okubaqeda, kubona uSolomoni wabiza izisebenzi eziyizigqila kuze kube namuhla.

22 Kodwa kubantwana bakwa-Israyeli uSolomoni akakhiphanga izigqila ngokuba bona babe ngamadoda empi, nezinceku zakhe, nezikhulu zakhe, nezinduna zakhe, nabaphathi bezinqola zakhe, nabamahhashi bakhe.

23Izinduna ezinkulu ezaziphethe umsebenzi kaSolomoni zazingamakhulu ayisihlanu namashumi ayisihlanu; zaziphethe abantu ababesebenza emsebenzini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Kodwa indodakazi kaFaro yenyuka emzini kaDavide, yaya endlini yayo
ayakhele yona; wayeselakha iMilo.

25 Kathathu ngomnyaka uSolomoni wanikela ngeminikelo yokushiswa
nangeminikelo yokuthula e-altare ayelakhele uJehova, eshisa impepho kanye
nayo phambi kukaJehova. Wayeseyiqedile indlu.

### Imikhumbi kaSolomoni

26 Inkosi uSolomoni yenza imikhumbi e-Esiyoni Geberi elingaseceleni kwe-
Eloti ogwini loLwandle Olubomvu ezweni lakwa-Edomi.

27 UHiramu wathuma ngale mikhumbi izinceku zakhe, amadoda emikhumbi
ayelwazi ulwandle, kanye nezinceku zikaSolomoni.

28 Zafika e-Ofiri, zalanda khona igolide, amatalenta angamakhulu amane
namashumi amabili, zaliletha enkosini uSolomoni.

## 1 AmaKhosi 10

### Inkosikazi yaseSheba

1 Inkosikazi yaseSheba isizwile udumo lukaSolomoni ngegama likaJehova
yeza ukumvivinya ngezimfumbe.

2 Yeza eJerusalema inehele elikhulu kakhulu, namakamela ethwele amakha,
negolide eliningi kakhulu, namatshe ayigugu; isifikile kuSolomoni yakhuluma
naye ngakho konke okusenhliziyweni yayo.

3 USolomoni wayiphendula ezindabeni zayo zonke. Kwakungekho nto
eyayifihlelwe inkosi, engayitshelanga yona.

4 Inkosikazi yaseSheba isibonile konke ukuhlakanipha kukaSolomoni, nendlu
ayakhileyo,

5 nokudla kwasetafuleni lakhe, nokuhlala kwezinceku zakhe, nokuma
kwezikhonzi zakhe, nezambatho zazo, nabaphathizitsha bakhe, nomnikelo
wakhe wokushiswa owanikela ngawo endlini kaJehova, akwabe kusabakho
moya kuyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Yathi enkosini: Yayiqinisile indaba engayizwa ezweni lami ngamazwi akho
nangokuhlakanipha kwakho.

7Kepha angikholwanga ngamazwi ngaze ngafika, kwabona amehlo ami;
bheka, angitshelwanga nanxenye; udlula ngokuhlakanipha nenhlanhla udumo
engaluzwa.

8Babusisiwe abantu bakho, zibusisiwe lezi zinceku zakho ezimi njalo phambi
kwakho, zizwa ukuhlakanipha kwakho.

9 Makabongwe uJehova uNkulunkulu wakho owenamele wena ukuba
akubeke esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli; ngokuba uJehova wamthanda
u-Israyeli kuze kube phakade, ngalokho wakubeka inkosi ukuba wenze
ukwahlulela nokulunga.

10Yanika inkosi amatalenta ayikhulu namashumi amabili egolide, namakha
amaningi kakhulu, namatshe ayigugu; akuzange kusafika amakha amaningi
kangaka njengalawo inkosi uSolomoni eyaphiwa wona yinkosikazi
yaseSheba.

11 Nemikhumbi kaHiramu eyathwala igolide livela e-Ofiri yathutha futhi e-
Ofiri imi-alimugi namatshe ayigugu.

12Ngemi-alimugi inkosi yenzela indlu kaJehova nendlu yenkosi izinsika kanye
namahabhu nezingubhu zabahlabeleli; imi-alimugi eminingi kangaka
ayizange isafika, kayibonwanga futhi, kuze kube namuhla.

13Inkosi uSolomoni yanika inkosikazi yaseSheba konke ekufunayo nekucelayo
ngaphandle kwalokho uSolomoni ayinika khona ngokuphana kwenkosi.
Yayisibuya, yaya ezweni layo, yona nezinceku zayo.

### Ukuceba kukaSolomoni nobukhosi bakhe; ukuhlakanipha kwakhe nobukhulu bakhe

14Isisindo segolide elalifika kuSolomoni iminyaka yonke sasingamatalenta
angamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha nesithupha egolide

15ngaphandle kokuvela kubahwebi, nasenzuzweni yabathengisi,
nasemakhosini ase-Arabiya, nakubabusi bezwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Inkosi uSolomoni yenza izihlangu ezingamakhulu amabili zegolide elikhandiweyo, kwaba ngamashekeli angamakhulu ayisithupha egolide elikhandiweyo kuso isihlangu sisinye,

17 kanjalo namahawu angamakhulu amathathu egolide elikhandiweyo, amamane amathathu egolide kulo ihawu lilinye; inkosi yawabeka endlini yehlathi laseLebanoni.

18Inkosi yenza nesihlalo sobukhosi esikhulu sezimpondo zendlovu, yasinameka ngegolide elicwengekileyo.

19Isihlalo sobukhosi sasinezikhwelo eziyisithupha, isihloko saso sasiyisiyingelezi emuva; kwakukhona imikhono ngalapha nangalapha kwendawo yokuhlala, kumi izingonyama ezimbili ngaseceleni kwemikhono.

20Kwakumi izingonyama eziyishumi nambili ngalapha nangalapha ezikhwelweni eziyisithupha. Okunjalo akwenziwanga komunye umbuso.

21Zonke izitsha zokuphuza zenkosi uSolomoni zaziyigolide, nazo zonke izitsha zendlu yehlathi laseLebanoni zaziyigolide elicwengekileyo, kungekho ezesiliva, lona lingento yalutho emihleni kaSolomoni.

22Ngokuba inkosi yayinemikhumbi yaseTharishishi elwandle kanye nemikhumbi kaHiramu; kanye ngeminyaka emithathu yafika imikhumbi yaseTharishishi iletha igolide, nesiliva, nezimpondo zendlovu, nezimfene, namapikoko.

23 Inkosi uSolomoni yaba nkulu kunawo onke amakhosi omhlaba ngengcebo nangokuhlakanipha.

24 Wonke umhlaba wafuna ukubona ubuso bukaSolomoni ukuba uzwe ukuhlakanipha kwakhe, uNkulunkulu akubekile enhliziyweni yakhe.

25Baletha, kwaba yilowo nalowo isipho sakhe, izitsha zesiliva, nezitsha zegolide, nezingubo, nezikhali, namakha, namahhashi, neminyuzi, okwenziwa iminyaka ngeminyaka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[26] USolomoni wabutha izinqola nabamahhashi; wayenezinqola eziyinkulungwane namakhulu amane nabamahhashi abayizinkulungwane eziyishumi nambili owakubeka emizini yezinqola nasenkosini eJerusalema.

[27]Inkosi yenza isiliva livame eJerusalema njengamatshe, nemisedari yayenza ibe njengemithombe esigodini ngobuningi.

[28] Amahhashi uSolomoni ayenawo ayekhishwe eGibithe naseKuwe; abathengi benkosi bawamukela eKuwe ngemali yawo.

[29]Inqola yenyuka yaphuma eGibithe ngamashekeli angamakhulu ayisithupha esiliva nehhashi ngayikhulu namashumi ayisihlanu; bawakhiphela kanjalo onke amakhosi amaHeti namakhosi ase-Aramu ngezandla zabo.

## 1 AmaKhosi 11

### Abafazi bakaSolomoni nokuduka kwakhe

[1]Inkosi uSolomoni yathanda abesifazane abaningi bezizwe kanye nendodakazi kaFaro, abangamaMowabikazi, nama-Amonikazi, nama-Edomikazi, namaSidonikazi, namaHetikazi,

[2] abezizwe uJehova ayeshilo ngabo kwabakwa-Israyeli ukuthi: Aniyikungena kubo, nabo bangangeni kini, ngokuba impela bayakuziphambukisa izinhliziyo zenu, zize zilandele onkulunkulu babo. Kulabo uSolomoni wanamathela ngothando.

[3]Wayenabafazi abangamakhulu ayisikhombisa abangamadodakazi amakhosi, nezancinza ezingamakhulu amathathu; omkakhe bayiphambukisa inhliziyo yakhe.

[4]Kwathi uSolomoni esemdala, omkakhe bayiphambukisa inhliziyo yakhe ukuba ilandele abanye onkulunkulu; inhliziyo yakhe yayingekho kuJehova uNkulunkulu wakhe ngokuphelelyo njengenhliziyo kaDavide uyise.

[5] USolomoni walandela u-Ashitaroti unkulunkulukazi wamaSidoni noMilkomu isinengiso sabakwa-Amoni.

[6]USolomoni wenza okubi emehlweni kaJehova, kamlandelanga uJehova ngokupheleleyo njengoDavide uyise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 USolomoni wakhela uKemoshi isinengiso sakwaMowabi indawo ephakemeyo entabeni engaphambi kweJerusalema, noMoloki isinengiso sabantwana bakwa-Amoni.

8 Wabenzela kanjalo bonke omkakhe bezizwe abashisa impepho, bahlabela onkulunkulu babo.

9 UJehova wamthukuthelela uSolomoni, ngokuba inhliziyo yakhe yayiphambukile kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli owayebonakele kuye kabili,

10 wamyala ngale nto yokuthi akayikulandela abanye onkulunkulu; kepha akagcinanga lokho uJehova amyale ngakho.

11 Ngalokho uJehova wathi kuSolomoni: Njengokuba wenzile lokho wena, ungagcinanga isivumelwano sami nezimiso zami engikuyale ngakho, ngiyakuwuhlwitha nokuhlwitha umbuso kuwe, ngiwunike inceku yakho.

12 Kepha angiyikukwenza emihleni yakho ngenxa kaDavide uyihlo, kodwa ngiyakuwuhlwitha esandleni sendodana yakho.

13 Nokho wonke umbuso angiyikuwuhlwitha, kepha ngiyakunika indodana yakho isizwe sibe sinye ngenxa kaDavide inceku yami nangenxa yeJerusalema engilikhethileyo.

### UNkulunkulu umvusela uSolomoni izitha

14 UJehova wamvusela uSolomoni omelana naye, uHadadi wakwa-Edomi; wayengowozalo lwenkosi yakwa-Edomi.

15 Kwathi uDavide ekwa-Edomi, noJowabe induna yempi enyukele ukumbela ababuleweyo, ebacekile bonke abesilisa kwa-Edomi

16 ngokuba uJowabe naye wonke u-Israyeli bahlala khona izinyanga eziyisithupha, waze waqeda bonke abesilisa kwa-Edomi

17 uHadadi wabaleka, yena nabakwa-Edomi abathile bezinceku zikayise benaye, ukuya eGibithe, uHadadi esengumntwana omncane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Basuka kwaMidiyani, beza ePharanu; bathatha amadoda ePharanu, baya
nawo eGibithe kuFaro inkosi yaseGibithe; yena wamnika indlu, wamnqumela
ukudla, wamnika nezwe.

19UHadadi wafumana umusa omkhulu emehlweni kaFaro, waze wamnika
umlamu wakhe abe ngumkakhe, udadewabo wenkosikazi uThahipenesi.

20Udadewabo kaThahipenesi wamzalela uGenubati, indodana yakhe,
uThahipenesi amlumula endlini kaFaro; uGenubati wayesendlini kaFaro
phakathi kwamadodana kaFaro.

21UHadadi esezwile eGibithe ukuthi uDavide ulele koyise nokuthi uJowabe
induna yempi ufile, uHadadi wathi kuFaro: Ngivumele ukuba ngihambe ngiye
ezweni lakithi.

22UFaro wathi kuye: Uswele ntoni lapha kimi ukuba ufune ukuya ezweni
lakini na? Wathi: Lutho, kepha mangivunyelwe impela ukuba ngihambe.

23UNkulunkulu wamvusela omunye omelana naye, uRezoni indodana ka-
Eliyada owayebalekele inkosi yakhe uHadadezeri inkosi yaseSoba.

24Lapho uDavide ebabulalala, wazibuthela abantu, waba yinduna yeviyo; baya
eDamaseku, bahlala khona, babusa eDamaseku.

25Wamelana no-Israyeli zonke izinsuku zikaSolomoni phezu kokubi
akwenzayo uHadadi, wanengwa ngu-Israyeli, wabusa e-Aramu.

## Isiprofetho sika-Ahiya

26UJerobowamu indodana kaNebati wakwa-Efrayimi waseSereda, inceku
kaSolomoni, ogama likanina lalinguSeruya, umfelokazi, naye waphakamisela
enkosini isandla sakhe.

27Isizathu sokuba aphakamisele isandla sakhe enkosini sasiyilesi: USolomoni
wayelakha iMilo, wavala isikhala emzini kaDavide uyise.

28Leyo ndoda uJerobowamu yayiyiqhawe elinamandla; uSolomoni wayibona
leyo nsizwa ukuthi ikhuthele emsebenzini wayo, wayibeka phezu kwawo
wonke umsebenzi wendlu kaJosefa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29 Kwathi ngaleso sikhathi, lapho uJerobowamu ephumile eJerusalema, umprofethi u-Ahiya waseShilo wamfumana endleleni, embethe ingubo entsha; labo bobabili babebodwa endle.

30 U-Ahiya wayibamba leyo ngubo entsha eyayikuye, wayiklebhula imidweshu eyishumi nambili.

31 Wayesethi kuJerobowamu: Zithathele imidweshu eyishumi, ngokuba uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli usho kanje, uthi: Bheka, ngiyakuhlwitha umbuso esandleni sikaSolomoni, nginike wena izizwe eziyishumi

32 kodwa yena uyakuba nesizwe sibe sinye ngenxa yenceku yami uDavide nangenxa yeJerusalema, umuzi engiwukhethileyo ezizweni zonke zakwa-Israyeli

33 ngokuba bangishiyile, bakhuleka ku-Ashitaroti unkulunkulukazi wamaSidoni, nakuKemoshi unkulunkulu wakwaMowabi, nakuMilkomu unkulunkulu wabakwa-Amoni, abahambanga ngezindlela zami ukwenza okulungile emehlweni ami, nezimiso zami, nezahlulelo zami njengoDavide uyise.

34 Nokho angiyikususa wonke umbuso esandleni sakhe, kepha ngiyakumenza abe yisikhulu zonke izinsuku zokuhamba kwakhe ngenxa kaDavide inceku yami engamkhethayo, owagcina imiyalo yami nezimiso zami;

35 kodwa ngiyakuwukhipha umbuso esandleni sendodana yakhe, ngiwunike wena, izizwe eziyishumi.

36 Indodana yakhe ngiyakuyinika isizwe sibe sinye, ukuze uDavide inceku yami abe nesibani izinsuku zonke phambi kwami eJerusalema, umuzi engiwukhethileyo ukuba ngibeke khona igama lami.

37 Ngiyakukuthatha wena, ubuse phezu kwakho konke okuthandwa yinhliziyo yakho, ube yinkosi phezu kuka-Israyeli.

38 Kuyakuthi uma ulalela konke engikuyala ngakho, uhambe ngezindlela zami, wenze okulungile emehlweni ami ukugcina izimiso zami nemiyalo yami

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

njengalokho akwenza uDavide inceku yami, ngiyakuba nawe, ngikwakhele indlu eyiyo njengalokho ngamakhela uDavide, ngikunike u-Israyeli.

39Ngenxa yalokho ngiyakuyithobisa inzalo kaDavide, kodwa akuyikuba njalonjalo.

40USolomoni wayesefuna ukumbulala uJerobowamu, kepha uJerobowamu wasuka, wabalekela eGibithe kuShishaki inkosi yaseGibithe, wahlala eGibithe waze wafa uSolomoni.

### Ukufa kukaSolomoni

41 Ezinye izindaba zikaSolomoni, nakho konke akwenzayo, nokuhlakanipha kwakhe, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zikaSolomoni.

42Isikhathi uSolomoni abusa ngaso eJerusalema phezu kuka-Israyeli wonke sasiyiminyaka engamashumi amane.

43USolomoni wayeselala koyise, wembelwa emzini kaDavide uyise; uRehobowamu indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 1 AmaKhosi 12

### Ukumiswa kukaRehobowamu; ukuhlubuka kwezizwe eziyishumi

1 URehobowamu waya eShekemi, ngokuba wonke u-Israyeli wayefikile eShekemi ukumbeka inkosi.

2 Kwathi lapho uJerobowamu indodana kaNebati ekuzwile -- ngokuba wayeseGibithe, lapho ayebalekele khona, ebalekele ubuso benkosi uSolomoni; wahlala-ke uJerobowamu eGibithe,

3kepha bathuma bambiza -- uJerobowamu nebandla lonke lakwa-Israyeli beza, bakhuluma kuRehobowamu, bathi:

4 Uyihlo wenza ijoka lethu laba lukhuni; ngalokho yenza wena ube lula umsebenzi olukhuni kayihlo nejoka lakhe elisindayo owalibeka phezu kwethu, siyakukukhonza.

5Wathi kubo: Hambani izinsuku zibe zintathu, bese nibuyela kimi. Basuka-ke abantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Inkosi uRehobowamu yelulekana namalunga ayemile phambi kukaSolomoni uyise, esekhona, yathi: Nina ningeluleka ukubuyisela mpenduloni kulaba bantu na?

7Akhuluma kuye, athi: Uma uyakuba yinceku yalaba bantu namhla nje, ubakhonze, ubaphendule, ukhulume amazwi amahle kubo, bayakuba yizinceku zakho izinsuku zonke.

8Kepha walahla isiluleko samalunga ameluleke ngaso, welulekana nezinsizwa eziyintanga yakhe, ezazimi phambi kwakhe.

9Wathi kuzo: Nina ningeluleka ukuba sibuyisele mpenduloni kulaba bantu abakhulume kimi ngokuthi: Yenza ijoka uyihlo alibeka phezu kwethu libe lula, na?

10Zase zikhuluma kuye izinsizwa eziyintanga yakhe, zithi: Uyakusho kanje kulaba bantu abakhulume kuwe ngokuthi: Uyihlo walenza ijoka lethu lasinda, kepha wena ulenze libe lula kithina, uyakukhuluma kanje kubo, uthi: Ucikicane wami mkhulu kunokhalo lukababa.

11Manje ubaba wanithwesa ijoka elisindayo, mina ngiyakwenezela ejokeni lenu; ubaba wanishaya ngeziswebhu, mina ngiyakunishaya ngawofezela.

12UJerobowamu nabantu bonke base befika kuRehobowamu ngosuku lwesithathu njengokusho kwenkosi, ithi: Buyelani kimi ngosuku lwesithathu.

13Inkosi yaphendula abantu kalukhuni, yalahla isiluleko samalunga ameluleke ngaso,

14yakhuluma kubo njengesiluleko sezinsizwa ngokuthi: Ubaba walenza ijoka lenu lasinda, mina ngiyakwenezela ejokeni lenu; ubaba wanishaya ngeziswebhu, mina ngiyakunishaya ngawofezela.

15 Inkosi ayilalelanga abantu, ngokuba kwakuyisiyiba esivela kuJehova, ukuze amise izwi lakhe uJehova alikhulumayo ngesandla sika-Ahiya waseShilo kuJerobowamu indodana kaNebati.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Wonke u-Israyeli esebonile ukuthi inkosi ayibalalelanga, abantu babuyisela
izwi enkosini, bathi: Sinasabelo sini kuDavide na? Ifa asinalo endodaneni
kaJese. Yana ematendeni akho, Israyeli, zibhekele indlu yakho manje,
Davide. Wayesesuka u-Israyeli, waya ematendeni akhe.

17Kepha abantwana bakwa-Israyeli abakhe emizini yakwaJuda,
uRehobowamu wabusa phezu kwabo.

18 Inkosi uRehobowamu yathuma u-Adoramu owayephezu kwezisebenzi; u-
Israyeli wonke wamkhanda ngamatshe, wafa. Inkosi uRehobowamu yashesha
ukukhwela inqola yayo ukuba ibalekele eJerusalema.

19U-Israyeli wayeseyihlubuka-ke indlu kaDavide kuze kube namuhla.

### Ukumiswa kukaJerobowamu; isiprofetho sikaShemaya

20Kwathi wonke u-Israyeli esezwile ukuthi uJerobowamu ubuyile, bathuma
bambizela emhlanganweni, bambeka inkosi phezu kuka-Israyeli wonke;
akubangakho muntu olandela indlu kaDavide, isizwe sakwaJuda kuphela.

21 URehobowamu esefikile eJerusalema wabutha yonke indlu yakwaJuda
nesizwe sakwaBenjamini, abantu abakhethiweyo abayizinkulungwane
eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili, amabutho, ukuba balwe nendlu
yakwa-Israyeli, bawubuyisele umbuso kuRehobowamu indodana kaSolomoni.

22Lase lifika izwi likaNkulunkulu kuShemaya umuntu kaNkulunkulu, lathi:

23 Khuluma kuRehobowamu indodana kaSolomoni inkosi yakwaJuda, nakuyo
yonke indlu yakwaJuda neyakwaBenjamini, nakubantu abaseleyo, ngokuthi:

24Usho kanje uJehova, uthi: Aniyikukhuphuka, ningalwi nabafowenu
abantwana bakwa-Israyeli; buyelani, kube yilowo nalowo endlini yakhe,
ngokuba le nto ivela kimi. Balalela izwi likaJehova, babuya, bahamba
njengokusho kukaJehova.

25 UJerobowamu waqinisa iShekemi ezintabeni zakwa-Efrayimi, wahlala
khona; waphuma lapho, waqinisa iPhenuweli.

26UJerobowamu wathi enhliziyweni yakhe: Manje umbuso uyakubuyela
endlini kaDavide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

27Uma laba bantu benyuka ukunikela ngemihlatshelo endlini kaJehova eJerusalema, inhliziyo yalaba bantu iyakuphindela enkosini yabo, kuRehobowamu inkosi yakwaJuda, bangibulale mina, babuyele kuRehobowamu inkosi yakwaJuda.

28 Inkosi isithathe isiluleko, yenza amathole amabili egolide, yathi kubo: Sekwanele ukuba nikhuphukele eJerusalema; bheka onkulunkulu bakho, Israyeli, abakukhuphula ezweni laseGibithe.

29 Wabeka elinye eBethele, elinye walibeka kwaDani.

30 Leyo nto yaba yisono, ngokuba abantu baya phambi kwelinye nakwaDani.

31 Wakha nezindlu zezindawo eziphakemeyo, wenza abapristi ngeningi labantu abangesiwo amadodana kaLevi.

32 UJerobowamu wagubha umkhosi ngenyanga yesishiyagalombili ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga njengomkhosi wakwaJuda, wenyukela e-altare; wenze njalo eBethele ukuba ahlabele amathole awenzileyo; wabeka eBethele abapristi bezindawo eziphakemeyo azenzileyo.

33Wayesenikela e-altare alenzileyo ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga yesishiyagalombili, inyanga abeyinqumile ngokwakhe nje; wenzela abantwana bakwa-Israyeli umkhosi, wenyukela e-altare ukushisa impepho.

## 1 AmaKhosi 13

### Umprofethi wakwaJuda nokubulawa kwakhe

1Bheka, kwavela kwaJuda umuntu kaNkulunkulu ngezwi likaJehova, weza eBethele; uJerobowamu wayemi e-altare ukushisa impepho.

2Walibiza i-altare ngezwi likaJehova, wathi: Altare, altare, usho kanje uJehova, uthi: Bheka, kuzakuzalwa umntwana kuyo indlu kaDavide, nguJosiya igama lakhe; uyakunikela phezu kwakho ngabapristi bezindawo eziphakemeyo abashisa impepho phezu kwakho, bashise namathambo abantu phezu kwakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Wabanika isiboniso ngalolo suku, wathi: Yilesi esiyisiboniso uJehova akhulume ngaso sokuthi: Bheka, i-altare liyakudatshulwa, umlotha ophezu kwalo uchithwe.

4 Kwathi inkosi isizwile izwi lalowo muntu kaNkulunkulu alibiza ngalo i-altare laseBethele, uJerobowamu waselula isandla sakhe ese-altare, wathi: Mbambeni. Kepha isandla sakhe aselulela kuye sashwabana, akaba namandla okusibuyisela kuye.

5 I-altare ladabuka, umlotha we-altare wachitheka e-altare njengesiboniso asinikile lowo muntu kaNkulunkulu ngezwi likaJehova.

6 Inkosi yayisithatha yathi kulowo muntu kaNkulunkulu: Ake unxuse phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho, ungikhulekele ukuba isandla sami siphiliswe. Lowo muntu kaNkulunkulu wanxusa kuJehova, saphiliswa isandla sakhe, saba njengakuqala.

7 Yayisithi inkosi kulowo muntu kaNkulunkulu: Woza siye ekhaya, uzihlumelele, ngikuphe isipho.

8 Kepha lowo muntu kaNkulunkulu wathi enkosini: Noma unginika inxenye yendlu yakho, angiyikuya khona nawe; futhi angiyikudla isinkwa, ngiphuze amanzi kuleyo ndawo;

9 ngokuba ngayalwa kanjalo ngezwi likaJehova ngokuthi: Awuyikudla sinkwa, ungaphuzi manzi, ungabuyi ngendlela oze ngayo.

10 Wayesehamba ngenye indlela, kabuyanga ngendlela abeze ngayo eBethele.

11 Kwakuhlala eBethele umprofethi omdala. Amadodana akhe afika amtshela yonke imisebenzi lowo muntu kaNkulunkulu abeyenzile ngalolo suku eBethele, namazwi abewakhulumile enkosini. Uyise esetsheliwe,

12 uyise wathi kuwo: Uhambe ngayiphi indlela na? Amadodana ayebonile ukuthi uhambe ngayiphi indlela lowo muntu kaNkulunkulu owavela kwaJuda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

13Wayesethi kumadodana akhe: Ngibopheleni imbongolo. Ambophela-ke
imbongolo, wayikhwela.

14Wamlandela lowo muntu kaNkulunkulu, wamfumana ehlezi phansi kwe-
oki; wathi kuye: Wena ungumuntu kaNkulunkulu lowo owavela kwaJuda na?
Wathi: Nginguye.

15Wayesethi kuye: Woza siye ekhaya, uthole ukudla.

16Kepha wathi: Anginakubuya nawe, anginakungena kwakho nawe; futhi
anginakudla isinkwa, ngiphuze amanzi nawe kuleyo ndawo,

17ngokuba kwathiwa kimi ngezwi likaJehova: Awuyikudla sinkwa, ungaphuzi
manzi khona, ungabuyi ngendlela oze ngayo.

18Wayesethi kuye: Nami ngingumprofethi njengawe; kwakhuluma kimi
ingelosi ngezwi likaJehova ngokuthi: Mbuyise, uye naye endlini yakho ukuba
athole ukudla, aphuze amanzi. Kodwa waqamba amanga kuye.

19Wayesebuya-ke naye, wadla endlini yakhe, waphuza amanzi.

20Kwathi besahlezi etafuleni, izwi likaJehova lafika kumprofethi owambuyisa;

21wamemeza kulowo muntu kaNkulunkulu owavela kwaJuda, wathi: Usho
kanje uJehova, uthi: Njengokuba ungalilalelanga izwi likaJehova,
ungagcinanga umyalo uJehova uNkulunkulu wakho akuyala ngawo,

22kepha ubuyile, wadla, waphuza amanzi endaweni athi ngayo kuwe ungadli
sinkwa, ungaphuzi manzi, isidumbu sakho asiyikungeniswa ethuneni
lawoyihlo.

23Kwathi esedlile, esephuzile, wambophelela imbongolo yena lowo mprofethi
abembuyisile.

24 Esehambile waficwa yingonyama endleleni, yambulala; isidumbu sakhe
santshingwa endleleni, imbongolo yema eceleni kwaso, nengonyama yema
ngasesidunjini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Bheka, abantu badlula, babona isidumbu sintshingwe endleleni
nengonyama imi eceleni kwesidumbu, bafika bakhuluma ngakho emzini
ayehlala kuwo lowo mprofethi omdala.

26Esezwile lokho umprofethi obembuyisile endlelni wathi: Ngumuntu
kaNkulunkulu lowo owayengalaleli izwi likaJehova; ngalokho uJehova
umnikele kuyo ingonyama, yamdwengula; yambulala njengezwi likaJehova
alikhuluma kuye.

27Wayesekhuluma kumadodana akhe, ethi: Ngibopheleleni imbongolo.
Ayibophela.

28Wahamba, wafumana isidumbu sakhe sintshingwe endleleni, imbongolo
nengonyama zimi eceleni kwesidumbu; ingonyama ayidlanga isidumbu,
ayidwengulanga nembongolo.

29Umprofethi wasiphakamisa isidumbu salowo muntu kaNkulunkulu,
wasibeka embongolweni, wasibuyisa; wafika emzini womprofethi omdala
ukuba alile, ammbele.

30 Wasibeka isidumbu ethuneni lakhe; bamlilela bathi: Maye, mfowethu!

31Kwathi esemmbele, wakhuluma kumadodana akhe, wathi: Lapho sengifile,
ngimbeleni ethuneni embelwe kulo lowo muntu kaNkulunkulu, nibeke
amathambo ami eceleni kwamathambo akhe.

32 Ngokuba izwi alimemezayo ngokusho kukaJehova kulo i-altare laseBethele
nakuzo zonke izindlu zezindawo eziphakemeyo ezisemizini yaseSamariya
liyakwenzeka nokwenzeka.

### UJerobowamu uqhubeka ebubini

33 Emva kwalokho uJerobowamu akaphendukanga nokho endleleni yakhe
embi, kepha wabuye wenza abapristi bezindawo eziphakemeyo ngeningi
labantu; othandayo wahlukaniselwa, wabangumpristi wendawo ephakemeyo.

34Leyo nto yaba yisono kuyo indlu kaJerobowamu ngangokuba inqunywe,
ichithwe ebusweni bomhlaba.

## 1 AmaKhosi 14

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

### Isiprofetho sika-Ahiya

1Ngaleso sikhathi u-Abiya indodana kaJerobowamu wagula.

2UJerobowamu wathi kumkakhe: Ake usuke uzifihle, ukuze kungaziwa
ukuthi wena ungumkaJerobowamu, uye eShilo; bheka, u-Ahiya umprofethi
ulapho, yena owakhuluma ngami ukuthi ngiyakuba yinkosi phezu kwalaba
bantu.

3Uphathe ngesandla sakho izinkwa eziyishumi, nemiqathane, nophiso
lwezinyosi, uye kuye; uyakukutshela ukuthi kuzakuba njani kumntwana.

4 UmkaJerobowamu wenze njalo; wasuka, waya eShilo, wafika endlini ka-
Ahiya. U-Ahiya wayengenakubona, ngokuba amehlo akhe ayequndekile
ngenxa yobudala bakhe.

5UJehova wayeshilo ku-Ahiya, ethi: Bheka, umkaJerobowamu uyeza ukubuza
kuwe ngendodana yakhe, ngokuba iyagula; womphendula ngokuthi
nangokuthi, ngokuba kuyakuthi ekungeneni kwakhe azishaye omunye
umuntu.

6Kwathi lapho u-Ahiya ezwa izigqi zezinyawo zakhe ekungeneni kwakhe
emnyango, wathi: Ngena, mkaJerobowamu; uzishayelani omunye; mina
ngithunyiwe kuwe nginendaba elukhuni.

7Hamba umtshele uJerobowamu ukuthi: UJehova uNkulunkulu ka-Israyeli
usho kanje, uthi: Njengokuba ngakuphakamisa phakathi kwabantu,
ngakubeka ube ngumbusi wabantu bami u-Israyeli,

8 ngawuhlwitha umbuso endlini kaDavide, ngawunika wena, kepha
awubanga njengenceku yami uDavide owagcina imiyalo yami
nowangilandela ngayo yonke inhliziyo yakhe ukwenza okulungile emehlweni
ami kuphela,

9kodwa wenzile okubi kunabo bonke ababe phambi kwakho, wahamba
wazenzela abanye onkulunkulu nezithombe ezibunjiweyo ukungivusa ukuba
ngithukuthele, wangilahla nyovane,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10bheka, ngalokho ngiyakwehlisela indlu kaJerobowamu okubi, nginqume kuJerobowamu wonke umlisa, omncane nomkhulu kwa-Israyeli, ngikhukhule indlu kaJerobowamu njengokukhukhulwa komquba, uze uphele.

11Yena wakwaJerobowamu ofela emzini uyakudliwa yizinja, nofela endle uyakudliwa yizinyoni zezulu, ngokuba uJehova ukukhulumile.

12 Ngalokho suka uye endlini yakho; ekungeneni kwezinyawo zakho emzini uyakufa umntwana.

13Wonke u-Israyeli uyakumlilela, ammbele, ngokuba nguyena yedwa wakwaJerobowamu oyakuya ethuneni, lokhu kufunyanwa kuye okuhle kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli endlini kaJerobowamu.

14 Futhi uJehova uyakuzivusela inkosi phezu kuka-Israyeli eyakunquma indlu kaJerobowamu ngalolo suku. Kepha ngithini? Yebo, namanje.

15Ngokuba uJehova uyakushaya u-Israyeli njengohlanga oluzanyazanyiswa emanzini, asiphule u-Israyeli kuleli zwe elihle alinika oyise, abahlakazele ngaphesheya koMfula, lokhu benzile o-Ashera babo, bathukuthelisa uJehova.

16 Uyakulahla u-Israyeli ngenxa yezono zikaJerobowamu one ngazo, futhi onisa ngazo u-Israyeli.

17UmkaJerobowamu wayesesuka wahamba, wafika eTirisa; esefike embundwini wendlu, umntwana wafa.

18Wonke u-Israyeli wammbela, wamlilela njengezwi likaJehova alikhulumayo ngesandla senceku yakhe u-Ahiya umprofethi.

### Ukufa kukaJerobowamu

19Ezinye izindaba zikaJerobowamu, ukuthi walwa kanjani nokuthi wabusa kanjani, bheka, zilotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli.

20Izinsuku zokubusa kukaJerobowamu zaziyiminyaka engamashumi amabili nambili; wayeselala koyise; uNadabi indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

### Ukubusa kukaRehobowamu kwaJuda

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 URehobowamu indodana kaSolomoni wabusa kwaJuda. URehobowamu wayeneminyaka engamashumi amane nanye ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nesikhombisa eJerusalema, umuzi awukhethileyo uJehova ezizweni zonke zakwa-Israyeli ukuba abeke khona igama lakhe; igama likanina lalinguNahama wabakwa-Amoni.

22UJuda wenza okubi emehlweni kaJehova, bamvusela umhawu naphezu kwakho konke ababekwenzile oyise ngezono zabo abazenzayo.

23Nabo bazakhela izindawo eziphakemeyo, nezinsika, nawo-Ashera emagqumeni onke aphakemeyo naphansi kwemithi yonke eluhlaza.

24 Kwakukhona nezifebe zethempeli kulelo zwe; benza njengazo zonke izinengiso zabezizwe uJehova abaxosha phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

### UShishaki usukela iJerusalema

25 Kwathi ngomnyaka wesihlanu wenkosi uRehobowamu, uShishaki inkosi yaseGibithe wenyukela eJerusalema.

26 Wathatha ingcebo yendlu kaJehova nengcebo yendlu yenkosi, yebo, wathatha konke, wathatha zonke izihlangu zegolide ezenziwe nguSolomoni.

27Inkosi uRehobowamu yenza izihlangu zethusi esikhundleni sazo, yazinikela ezandleni zezinduna zabalindi abagcina umnyango wendlu yenkosi.

28Kwathi njalo uma inkosi ingena endlini kaJehova, izigijimi zazithwala, zazibuyisela ekamelweni labalindi.

### Ukufa kukaRehobowamu

29 Ezinye izindaba zikaRehobowamu nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

30 Kwakukhona njalo ukulwa phakathi kukaRehobowamu noJerobowamu.

31URehobowamu wayeselala koyise, wembelwa koyise emzini kaDavide; igama likanina lalinguNahama wabakwa-Amoni. U-Abiyamu indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

## 1 AmaKhosi 15

### Ukubusa kuka-Abiyamu no-Asa kwaJuda

1 Ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili wenkosi uJerobowamu indodana kaNebati u-Abiyamu waba yinkosi kwaJuda.

2 Wabusa iminyaka emithathu eJerusalema; igama likanina lalinguMahakha, indodakazi ka-Abisalomu.

3 Wahamba ezonweni zonke zikayise ayezenzile ngaphambi kwakhe; inhliziyo yakhe yayingekho kuNkulunkulu wakhe ngokupheleleyo njengenhliziyo kaDavide uyise.

4 Nokho ngenxa kaDavide uJehova uNkulunkulu wakhe wamnika isibani eJerusalema ngokuvusa indodana yakhe emva kwakhe nokumisa iJerusalema,

5 ngokuba uDavide wenza okulungile emehlweni kaJehova, kaphambukanga ngalutho amyala ngalo zonke izinsuku zokuhamba kwakhe, kuphela endabeni ka-Uriya umHeti.

6 Kwakukhona ukulwa phakathi kukaRehobowamu noJerobowamu zonke izinsuku zokuhamba kwakhe.

7 Ezinye izindaba zika-Abiyamu nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na? Kwakukhona ukulwa phakathi kuka-Abiyamu noJerobowamu.

8 U-Abiyamu wayeselala koyise; bammbela emzini kaDavide; u-Asa indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

9 Ngomnyaka wamashumi amabili kaJerobowamu, inkosi yakwa-Israyeli, u-Asa waqala ukubusa phezu kukaJuda.

10 Wabusa iminyaka engamashumi amane nanye eJerusalema; igama likanina lalinguMahakha indodakazi ka-Abisalomu.

11 U-Asa wenza okulungile emehlweni kaJehova njengoDavide uyise.

12 Waxosha izifebe zethempeli ezweni, wasusa nezithombe ayezenzile uyise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Wamsusa uMahakha unina ebukhosikazini, ngokuba wayenzela u-Ashera
isithombe esinengekayo; u-Asa wanquma isithombe sakhe, wasishisa
ngasemfudlaneni iKidroni.

14Kodwa izindawo eziphakemeyo azisuswanga; nokho inhliziyo ka-Asa
yayikuJehova ngokupheleleyo zonke izinsuku zakhe.

15Wangenisa endlini kaJehova izinto ezingcwele zikayise nezinto zakhe
ezingcwele: isiliva, negolide, nezitsha.

16Kwakukhona ukulwa phakathi kuka-Asa noBahasha inkosi yakwa-Israyeli
zonke izinsuku zabo.

17 UBahasha inkosi yakwa-Israyeli wenyuka ukuhlasela uJuda, wakha iRama,
ukuze angavumeli muntu ukuphuma nokungena ku-Asa inkosi yakwaJuda.

18 U-Asa wayesethatha lonke isiliva negolide elalisele engcebeni yendlu
kaJehova nengcebo yendlu yenkosi, wakunikela ezandleni zezinceku zakhe;
inkosi u-Asa yazithuma kuBeni Hadadi indodana kaTabirimoni kaHeziyoni,
inkosi yase-Aramu, owayehlala eDamaseku, yathi:

19 Kukhona isivumelwano phakathi kwami nawe naphakathi kukababa
noyihlo; bheka, ngithuma kuwe isipho sesiliva negolide; hamba waphule
isivumelwano sakho noBahasha inkosi yakwa-Israyeli ukuba asuke kimi.

20 UBeni Hadadi wayilalela inkosi u-Asa, wathuma izinduna zempi yakhe
ukuba zihlasele imizi yakwa-Israyeli, wanqoba i-Ijoni, neDani, ne-Abela Beti
Mahakha, nalo lonke iKineroti, kanye nalo lonke izwe lakwaNafetali.

21Kwathi lapho uBahasha esekuzwile lokho, wayeka ukwakha iRama, wahlala
eTirisa.

22Inkosi u-Asa yayisibiza wonke uJuda, akwababikho owayenokuzilandulela,
basusa amatshe aseRama nemithi yalo uBahasha ayakhe ngakho; inkosi u-Asa
yakha ngakho iGeba lakwaBenjamini neMispa.

23 Zonke ezinye izindaba zika-Asa, nawo onke amandla akhe, nakho konke
akwenzayo, nemizi ayakhayo, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na? Ngesikhathi sobudala bakhe wayenesifo ezinyaweni zakhe.

24 Wayeselala u-Asa koyise, wembelwa koyise emzini kaDavide uyise; uJehoshafati indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

**ONadabi noBahasha babusa kwa-Israyeli**

25UNadabi indodana kaJerobowamu waqala ukubusa phezu kuka-Israyeli ngomnyaka wesibili ka-Asa inkosi yakwaJuda, wabusa phezu kuka-Israyeli iminyaka emibili.

26 Wenza okubi emehlweni kaJehova, wahamba endleleni kayise nasesonweni sakhe onisa ngaso u-Israyeli.

27UBahasha indodana ka-Ahiya wendlu ka-Isakare wamenzela ugobe; uBahasha wamnqoba eGibethoni elingelamaFilisti, ngokuba uNadabi naye wonke u-Israyeli babelivimbezela iGibethoni.

28Ngomnyaka wesithathu ka-Asa inkosi yakwaJuda uBahasha wambulala, wabusa esikhundleni sakhe.

29 Kwathi eseyinkosi, wabulala yonke indlu kaJerobowamu, kashiyelanga uJerobowamu noyedwa ophefumulayo, waze wamqothula njengezwi uJehova alikhulumile ngesandla senceku yakhe u-Ahiya waseShilo,

30 ngenxa yezono zikaJerobowamu ona ngazo, futhi onisa ngazo u-Israyeli, ngokucunula kwakhe acunula ngakho uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

31Ezinye izindaba zikaNadabi nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

32Kwakukhona ukulwa phakathi kuka-Asa noBahasha inkosi yakwa-Israyeli zonke izinsuku zabo.

33Ngomnyaka wesithathu ka-Asa inkosi yakwaJuda uBahasha indodana ka-Ahiya waqala ukubusa phezu kuka-Israyeli wonke eTirisa, wabusa iminyaka engamashumi amabili nane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34 Wenza okubi emehlweni kaJehova, wahamba endleleni kaJerobowamu
nasesonweni sakhe onisa ngaso u-Israyeli.

## 1 AmaKhosi 16

### Isiprofetho sikaJehu ngoBahasha

1Izwi likaJehova lafika kuJehu indodana kaHanani ngoBahasha, lathi:

2 Njengokuba ngakuphakamisa othulini, ngakubeka umbusi wabantu bami u-
Israyeli, kepha uhambe endleleni kaJerobowamu, wonisa abantu bami u-
Israyeli ukuba bangicunule ngezono zabo,

3 bheka, ngiyakukhukhula nokukhukhula uBahasha nendlu yakhe, ngenze
indlu yakho ibe njengendlu kaJerobowamu indodana kaNebati.

4Yena wakwaBahasha ofela emzini uyakudliwa yizinja, nalowo wakwakhe
ofela endle uyakudliwa yizinyoni zezulu.

5 Ezinye izindaba zikaBahasha, nakwenzayo, namandla akhe, angithi
kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli
na?

6UBahasha wayeselala koyise, wembelwa eTirisa; u-Ela indodana yakhe waba
yinkosi esikhundleni sakhe.

7Kwafika ngesandla somprofethi uJehu indodana kaHanani izwi likaJehova
ngoBahasha nendlu yakhe ngenxa yakho konke okubi akwenza emehlweni
kaJehova ukuthi wamcunula ngomsebenzi wezandla zakhe, waba njengendlu
kaJerobowamu, nangenxa yokuba wayiqothula.

### O-Ela noZimri no-Omri no-Ahabi bangamakhosi kwa-Israyeli

8Ngomnyaka wamashumi amabili nesithupha ka-Asa, inkosi yakwaJuda, u-
Ela, indodana kaBahasha, waqala ukubusa phezu kuka-Israyeli eTirisa,
wabusa iminyaka emibili.

9Inceku yakhe uZimri, induna yenxenye yezinqola zakhe, yamenzela ugobe;
eseTirisa ephuzile waze wadakwa endlini ka-Arisa owayephezu kwabendlu
yaseTirisa,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10uZimri wangena, wamshaya, wambulala ngomnyaka wamashumi amabili
nesikhombisa ka-Asa inkosi yakwaJuda, waba yinkosi esikhundleni sakhe.

11Kwathi esaqala nje ukubusa, esehlezi esihlalweni sakhe sobukhosi, wabulala
yonke indlu kaBahasha, kamshiyelanga nomntwana oyedwa owesilisa
kwabazalana naye nakubo abangane bakhe.

12UZimri waqeda kanjalo yonke indlu kaBahasha, njengezwi likaJehova
alikhuluma ngoBahasha ngesandla sikaJehu umprofethi,

13ngenxa yezono zonke zikaBahasha nezono zika-Ela indodana yakhe one
ngazo, futhi onise ngazo u-Israyeli, baze bacunula uJehova uNkulunkulu ka-
Israyeli ngezithombe zabo.

14Ezinye izindaba zika-Ela nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe
encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

15Ngomnyaka wamashumi amabili nesikhombisa ka-Asa inkosi yakwaJuda,
uZimri waba yinkosi izinsuku eziyisikhombisa eTirisa. Abantu base bemisile
ngaseGibethoni elalingelamaFilisti.

16Abantu ababemisile bezwa kuthiwa: UZimri wenzile ugobe, ubulele
nenkosi; ngalokho wonke u-Israyeli wambeka u-Omri induna yempi abe
yinkosi phezu kuka-Israyeli ngalolo suku ekamu.

17U-Omri wenyuka eGibethoni wonke u-Israyeli enaye, bavimbezela iTirisa.

18Kwathi uZimri esebonile ukuthi umuzi uthathiwe, wangena enqabeni
yendlu yenkosi, wayishisa indlu yenkosi phezu kwakhe ngomlilo, wafa

19 ngenxa yezono zakhe one ngazo ngokwenza okubi emehlweni kaJehova,
ngokuhamba endleleni kaJerobowamu nasesonweni sakhe asenzayo ukuba
onise u-Israyeli.

20Ezinye izindaba zikaZimri nogobe alwenzayo angithi kulotshiwe encwadini
yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Khona abantu bakwa-Israyeli bahlukana kabili; inxenye yabantu yalandela
uThibini, indodana kaGinati, ukuba bambeke inkosi, inxenye yalandela u-
Omri.

22Kepha abantu ababemlandela u-Omri bahlula abantu ababemlandela
uThibini indodana kaGinati; wayesefa uThibini, u-Omri waba yinkosi.

23Ngomnyaka wamashumi amathathu nanye ka-Asa inkosi yakwaJuda u-Omri
waba yinkosi phezu kuka-Israyeli, wabusa iminyaka eyishumi nambili;
wabusa iminyaka eyisithupha eTirisa.

24Wathenga intaba yaseSamariya kuShemere ngamatalenta amabili esiliva,
wakha entabeni, waqamba igama lomuzi awakhileyo ngegama likaShemere
umninintaba ngokuthi iSamariya.

25 Kepha u-Omri wenza okubi emehlweni kaJehova, wenza kabi kunabo
bonke ababe ngaphambi kwakhe.

26 Ngokuba wahamba ezindleleni zonke zikaJerobowamu, indodana
kaNebati, nasezonweni zakhe onisa ngazo u-Israyeli, baze bacunula uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli ngezithombe zabo.

27Ezinye izindaba zika-Omri azenzayo namandla awabonakalisayo angithi
kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli
na?

28U-Omri wayeselala koyise, wembelwa eSamariya; u-Ahabi, indodana yakhe,
waba yinkosi esikhundleni sakhe.

29U-Ahabi, indodana ka-Omri, waqala ukubusa phezu kuka-Israyeli
ngomnyaka wamashumi amathathu nesishiyagalombili ka-Asa; u-Ahabi,
indodana ka-Omri, wabusa phezu kuka-Israyeli eSamariya iminyaka
engamashumi amabili nambili.

30Kepha u-Ahabi, indodana ka-Omri, wenza okubi emehlweni kaJehova
kunabo bonke ababe ngaphambi kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

31 Kwathi lapho kuyinto elula kuye ukuhamba ezonweni zikaJerobowamu, indodana kaNebati, wathatha u-Izebeli, indodakazi ka-Etibali inkosi yamaSidoni, abe ngumkakhe, waya wakhonza uBali, wakhuleka kuye.

32 Wammisela uBali i-altare endlini kaBali abeyakhile eSamariya.

33 U-Ahabi wamenza u-Ashera; u-Ahabi wenezela waze wacunula uJehova, uNkulunkulu ka-Israyeli, kunawo onke amakhosi akwa-Israyeli ayengaphambi kwakhe.

34 Ezinsukwini zakhe uHiyeli waseBethele wabuye wakha iJeriko; wabeka isisekelo salo ngokulahlekelwa ngu-Abiramu izibulo lakhe, wamisa amasango alo ngokulahlekelwa yithunjana lakhe uSegubi, njengezwi likaJehova owalikhuluma ngesandla sikaJoshuwa indodana kaNuni.

## 1 AmaKhosi 17

### Umprofethi u-Eliya

1 U-Eliya waseThishibi, owayengowabagogobeleyo kwaGileyadi, wathi ku-Ahabi: Kuphila kukaJehova, uNkulunkulu ka-Israyeli, engimi phambi kwakhe, akuyikubakho mazolo namvula kule minyaka, kuphela ngesiyalezo sezwi lami.

2 Izwi likaJehova lafika kuye, lathi:

3 Suka lapha, uye ngasempumalanga, ucashe ngasemfudlaneni iKeriti ongaphambi kweJordani.

4 Kuyakuthi uphuze emfudlaneni; ngiyalile amagwababa ukuba akondle khona.

5 Wahamba wenza njengezwi likaJehova, ngokuba wahamba wahlala ngasemfudlaneni iKeriti ongaphambi kweJordani.

6 Amagwababa amlethela isinkwa nenyama ekuseni, nesinkwa nenyama kusihlwa, waphuza emfudlaneni.

7 Kwathi ekupheleni kwezinsuku umfudlana washa, ngokuba yayingekho imvula ezweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

**U-Eliya uyandisa impuphu namafutha**

8Kwase kufika izwi likaJehova kuye, lathi:

9 Suka uye eSarefati elingeleSidoni, uhlale khona; bheka, ngiyalile lapho umfelokazi ukuba akondle.

10Wayesesuka waya eSarefati; esefikile esangweni lomuzi, bheka, umfelokazi wayecakasha khona; wambiza wathi: Ake ungilethele ingcosana yamanzi esitsheni, ngiphuze.

11Esasuka ukuwalanda, wambiza wathi: Ake ungilethele nocezu lwesinkwa esandleni sakho.

12 Kepha wathi: Kuphila kukaJehova uNkulunkulu wakho, anginalo neqebelengwane, kukhona kuphela ukhweshe lwempuphu embizeni nengcosana yamafutha ophisweni; bheka, sengicakashile izinkuni ezimbili, ukuze ngingene ngizilungiselele khona nendodana yami ukuba sikudle, sife.

13Wayesethi u-Eliya kuye: Ungesabi; hamba wenze njengokusho kwakho, kepha ngenzele mina kuqala iqebelengwane elincane ngakho, ulilethe kimi, andukuba uzilungiselele wena nendodana yakho.

14Ngokuba usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Imbiza yempuphu ayikuphela, nophiso lwamafutha aluyikuswela kuze kufike lolo suku uJehova anisa ngalo imvula emhlabeni.

15 Wayesehamba, wenza njengokusho kuka-Eliya: kwadla yena, no-Eliya, nendlu yakhe izinsuku eziningi.

16Imbiza yempuphu ayiphelanga, nophiso lwamafutha aluswelanga njengezwi likaJehova alikhulumile ngesandla sika-Eliya.

17Kwathi emva kwalokho indodana yalowo mfelokazi, umnikazindlu, yagula; ukugula kwayo kwaba namandla kangaka ngangokuba yayingasenakho ukuphefumula.

18 Wayesethi ku-Eliya: Nginamsebenzi muni nawe muntu kaNkulunkulu na? Uze kimi ukuba kukhumbuleke isono sami nokuba kubulawe indodana yami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society of south africa

[19]Kepha wathi kuye: Nginike indodana yakho. Wayithatha esifubeni sakhe, wayikhuphulela ekamelweni eliphezulu lapho ehlala khona, wayibeka embhedeni wakhe.

[20]Wayesekhala kuJehova, wathi: Jehova Nkulunkulu wami, usuwehlisele nalo mfelokazi engigogobele kwakhe okubi okungaka uze ubulale indodana yakhe na?

[21] Wazelula phezu komntwana kathathu, wakhala kuJehova, wathi: Jehova Nkulunkulu wami, umphefumulo walo mntwana mawubuyele kuye.

[22]UJehova walizwa izwi lika-Eliya; umphefumulo womntwana wabuyela kuye, waphila.

[23] U-Eliya wayesethatha umntwana, wamehlisa ekamelweni eliphezulu, wamngenisa endlini, wamnika unina; wathi u-Eliya: Bheka, indodana yakho isiyaphila.

[24]Owesifazane wathi ku-Eliya: Manje sengiyazi ukuthi wena ungumuntu kaNkulunkulu nokuthi izwi likaJehova elisemlonyeni wakho liyiqiniso.

## 1 AmaKhosi 18

### U-Eliya uthuma u-Obadiya ku-Ahabi

[1] Kwathi emva kwezinsuku eziningi izwi likaJehova lafika ku-Eliya ngomnyaka wesithathu, lathi: Hamba uzibonakalise ku-Ahabi; ngiyakunisa imvula emhlabeni.

[2]Wayesehamba u-Eliya ukuzibonakalisa ku-Ahabi. Indlala yayinamandla eSamariya.

[3]U-Ahabi wabiza u-Obadiya owayephezu kwendlu yakhe. U-Obadiya wayemesaba kakhulu uNkulunkulu,

[4]ngokuba kwathi lapho u-Izebeli ebulala abaprofethi bakaJehova, u-Obadiya wathatha abaprofethi abayikhulu, wabafihla emhumeni ngamashumi ayisihlanu, wabondla ngesinkwa nangamanzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5U-Ahabi wathi ku-Obadiya: Hamba ezweni, uye emithonjaneni yonke yamanzi nasemifudlaneni yonke; mhlawumbe singafumana utshani, sisindise amahhashi neminyuzi, izilwane zingabhubhi.

6Base bahlukaniselana izwe ukuba balidabule: u-Ahabi wahamba ngenye indlela eyedwa, u-Obadiya naye wahamba ngenye indlela eyedwa.

7U-Obadiya esendleleni, bheka, kwahlangana naye u-Eliya, wambona, wawa ngobuso, wathi: Wena uyinkosi yami u-Eliya na?

8Wathi kuye: Yimi; hamba utshele inkosi yakho ukuthi: Nangu u-Eliya.

9Wayesethi kuye: Ngoneni ukuba unikele inceku yakho esandleni sika-Ahabi ukungibulala na?

10Kuphila kukaJehova, uNkulunkulu wakho, akukho sizwe nambuso lapho inkosi yami ingathumanga khona ukukufuna, nanxa bethi akakho lapha, yafungisa umbuso nesizwe ukuthi abakufumananga.

11Manje usuthi wena: Hamba utshele inkosi yakho ukuthi: Nangu u-Eliya.

12 Kuyakuthi sengisukile kuwe, uMoya kaJehova akuyise lapho ngingazi khona, nanxa sengifika ukuba ngimtshele u-Ahabi, yena angakufumani, uyakungibulala; kepha mina nceku yakho ngiyamesaba uJehova kwasebusheni bami.

13Inkosi yami ayitshelwanga yini lokho engakwenzayo lapho u-Izebeli ebulala abaprofethi bakaJehova, ukuthi ngafihla abantu abayikhulu kubaprofethi bakaJehova ngamashumi ayisihlanu emhumeni, ngabondla ngesinkwa nangamanzi, na?

14Usuthi manje: Hamba utshele inkosi yakho ukuthi: Nangu u-Eliya, bese yingibulala.

15Kepha u-Eliya wathi: Kuphila kukaJehova Sebawoti engimi phambi kwakhe namuhla, ngizakuzibonakalisa kuye.

16U-Obadiya wayesehamba ukumhlangabeza u-Ahabi, wamtshela lokho; wayesehamba u-Ahabi ukumhlangabeza u-Eliya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Kwathi u-Ahabi esembonile u-Eliya, u-Ahabi wathi kuye: Nguwe ongumhluphi wakwa-Israyeli na?

18 Kodwa wathi: Mina angimhluphanga u-Israyeli, kepha nguwe nendlu kayihlo, ngokuyilahla imiyalo kaJehova, uze ulandele oBali.

19 Ngalokho thumela ubuthe kimi u-Israyeli wonke entabeni yaseKarmeli, nabaprofethi bakaBali abangamakhulu amane namashumi ayisihlanu, nabaprofethi baka-Ashera abangamakhulu amane abadla etafuleni lika-Izebeli.

### U-Eliya nabaprofethi bakaBali eKarmeli

20 U-Ahabi wayesethumela kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli, wabutha abaprofethi entabeni yaseKarmeli.

21 U-Eliya wasondela kubo bonke abantu, wathi: Koze kube nini nimanqikanqika phakathi kwezinhlangothi ezimbili na? Uma uJehova enguNkulunkulu, mlandeleni yena, kepha uma kunguBali, mlandeleni yena. Kodwa abantu kabamphendulanga ngazwi.

22 Wayesethi u-Eliya kubantu: Yimi ngedwa oseleyo engumprofethi kaJehova, kepha abaprofethi bakaBali bangabantu abangamakhulu amane namashumi ayisihlanu.

23 Mabasinike izinkunzi ezimbili, bazikhethele inkunzi ibenye, bayihlahlele, bayibeke phezu kwezinkuni, bangafaki umlilo; mina ngiyakuyilungisa enye inkunzi, ngiyibeke phezu kwezinkuni, ngingafaki umlilo.

24 Libizeni igama likankulunkulu wenu, mina ngibize igama likaJehova; bese kuthi uNkulunkulu ophendula ngomlilo abe nguye onguNkulunkulu. Bonke abantu bathi: Lihle leli zwi.

25 U-Eliya wayesethi kubaprofethi bakaBali: Zikhetheleni inkunzi, niyilungise kuqala, ngokuba nibaningi, nibize igama likankulunkulu wenu, ningafaki umlilo nokho.

26 Bayithatha inkunzi abayinikwayo, bayilungisa, balibiza igama likaBali kwasekuseni kwaze kwaba semini ngokuthi: Bali, siphenduleni; kepha

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

akubangakho zwi, nophendulayo wayengekho. Baxhuma ngase-altare ebelenziwe.

27 Kwathi ngasemini u-Eliya wadlala ngabo, wathi: Memezani ngezwi elikhulu; noma engunkulunkulu, mhlawumbe uyazindla, noma echezukile nje, noma esohambeni, noma elele edinga ukuvuswa.

28 Base bememeza ngezwi elikhulu, bazisika ngawomese nangemikhonto ngomthetho wabo, kwaze kwatshaza igazi kubo.

29 Kwathi lapho isidlulile imini, baprofetha kwaze kwanikelwa ngomnikelo wempuphu, kepha akubangakho zwi, nophendulayo, nonakekelayo.

30 U-Eliya wayesethi kubantu bonke: Sondelani kimi. Bonke abantu basondela kuye. Wayeselungisa i-altare likaJehova elalidiliziwe.

31 U-Eliya wathatha amatshe ayishumi nambili njengomumo wezizwe zamadodana kaJakobe okweza kuye izwi likaJehova, lathi: Igama lakho lizakuba ngu-Israyeli.

32 Wakha i-altare ngamatshe egameni likaJehova, wenza umsele ngase-altare nxazonke olingene namaseya amabili embewu.

33 Wahlela izinkuni, wayihlahlela inkunzi, wayibeka phezu kwezinkuni.

34 Wathi: Gcwalisani izimbiza ezine ngamanzi, niwathele emnikelweni wokushiswa naphezu kwezinkuni. Wathi: Kwenzeni ngokwesibili. Wayesethi: Kwenzeni nangokwesithathu. Baphinda ngokwesithathu.

35 Amanzi agobhoza ngase-altare nxazonke; wagcwalisa nomsele ngamanzi.

36 Kwathi ngesikhathi sokunikela ngomnikelo wempuphu u-Eliya umprofethi wasondela, wathi: Jehova Nkulunkulu ka-Abrahama noka-Isaka noka-Israyeli, makwazeke namuhla ukuthi wena unguNkulunkulu kwa-Israyeli, nokuthi mina ngiyinceku yakho, nokuthi ngenzile konke lokhu ngezwi lakho.

37 Ngiphendule, Jehova, ngiphendule ukuba laba bantu bazi ukuthi wena Jehova unguNkulunkulu nokuthi uphendukisela kuwe izinhliziyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

38 Wawusuwehla umlilo kaJehova, wawuqeda umnikelo wokushiswa, nezinkuni, namatshe, nothuli, wakhotha amanzi asemseleni.

39 Abantu bonke sebekubonile lokho bawa ngobuso babo, bathi: UJehova nguye onguNkulunkulu; uJehova nguye onguNkulunkulu.

40 U-Eliya wathi kubo: Bambani abaprofethi bakaBali, kungabaleki noyedwa kubo. Bababamba, u-Eliya wabehlisela emfudlaneni iKishoni, wababulala khona.

41 Wayesethi u-Eliya ku-Ahabi: Khuphuka, udle, uphuze, ngokuba kukhona umdumo wemvula enkulu.

42 Wayesekhuphuka u-Ahabi ukuba adle, aphuze. U-Eliya wakhuphukela esiqongweni saseKarmeli, wakhothamela phansi, wabeka ubuso bakhe phakathi kwamadolo akhe.

43 Wathi encekwini yakhe: Khuphuka, ubheke ngaselwandle. Yakhuphuka, yabheka, yathi: Akukho lutho. Wayesethi: Phinda kasikhombisa.

44 Kwathi ngokwesikhombisa yathi: Bheka, kukhuphuka ifu elwandle, lingangesandla somuntu. Wayesethi: Khuphuka, umtshele u-Ahabi ukuthi: Bophela, wehle, funa uvinjelwe yimvula.

45 Kwathi ngesikhashana nje izulu laguqubala ngamafu nangomoya, lana imvula enkulu. U-Ahabi wakhwela inqola, waya eJizreyeli.

46 Isandla sikaJehova sasiku-Eliya; wabopha ukhalo lwakhe, wagijima phambi kuka-Ahabi, waze wafika ekungeneni kwaseJizreyeli.

## 1 AmaKhosi 19

### U-Eliya uyabaleka

1 U-Ahabi wamtshela u-Izebeli konke akwenzile u-Eliya, naphakathi kwalokho ukuthi ubulele bonke abaprofethi ngenkemba.

2 U-Izebeli wayesethuma isithunywa ku-Eliya ngokuthi: Mabenze njalo kimi onkulunkulu, benezele futhi, uma ngingakwenzi wena ube njengomunye wabo ngalesi sikhathi kusasa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

3Esezwile lokho wasuka, wahamba ukuba asinde, waya eBeri Sheba
elingelakwaJuda, washiya khona inceku yakhe.

4 Kodwa yena wahamba ibanga losuku ehlane, waya wahlala phansi konwele,
wacela enhliziyweni yakhe ukuba afe, wathi: Sekwanele; manje, Jehova, sale
usuthatha umphefumulo wami, ngokuba angilungile kunawobaba.

5Walala ubuthongo phansi konwele; bheka, kwamthinta ingelosi, yathi kuye:
Vuka udle.

6Wabheka, nanto iqebelengwane ngasekhanda lakhe elenziwe ematsheni
ashisayo, nophiso lwamanzi. Wadla, waphuza; wayesebuye walala phansi.

7Ingelosi kaJehova yabuye yamthinta ngokwesibili, yathi: Vuka udle,
ngokuba indlela yakho inde.

8 Wavuka, wadla, waphuza, wahamba ngamandla alokho kudla izinsuku
ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane, waya entabeni
kaNkulunkulu iHorebe.

9Wangena khona emhumeni, walala khona. Bheka, kwafika kuye izwi
likaJehova; wathi kuye: Wenzani lapha, Eliya, na?

10 Wathi: Ngishisekele nokushisekela uJehova uNkulunkulu Sebawoti,
ngokuba abantwana bakwa-Israyeli balahlile isivumelwano sakho, badilizile
ama-altare akho, babulele abaprofethi bakho ngenkemba, kusele mina
ngedwa; sebefuna umphefumulo wami ukuba bawususe.

11 Wathi: Phuma, ume entabeni phambi kukaJehova. Bheka, uJehova
wadlula, umoya omkhulu onamandla wadabula izintaba, waphahlaza
amadwala phambi kukaJehova; kepha uJehova wayengekho emoyeni; emva
komoya kwazamazama umhlaba; kepha uJehova wayengekho
ekuzamazameni komhlaba;

12emva kokuzamazama komhlaba ngumlilo; kepha uJehova wayengekho
emlilweni; emva komlilo yizwi elincane elihashazayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

13 U-Eliya esezwile lokho wagubuzela ubuso bakhe ngengubo yakhe, waphuma, wema emnyango womhume. Bheka, kwafika kuye izwi, lathi: Wenzani lapha, Eliya, na?

14 Wathi: Ngishisekele nokushisekela uJehova uNkulunkulu Sebawoti, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli balahlile isivumelwano sakho, badilizile ama-altare akho, babulele abaprofethi bakho ngenkemba, kusele mina ngedwa; sebefuna umphefumulo wami ukuba bawususe.

### Ukubizwa kuka-Elisha

15 Wayesethi uJehova kuye: Hamba, ubuye ngendlela yakho, uye ehlane laseDamaseku; usufikile khona uyakumgcoba uHazayeli abe yinkosi yase-Aramu;

16 uyakumgcoba uJehu indodana kaNimishi abe yinkosi kwa-Israyeli, umgcobe u-Elisha indodana kaShafati wase-Abela Mehola abe ngumprofethi esikhundleni sakho.

17 Kuyakuthi obalekela inkemba kaHazayeli abulawe nguJehu; obalekela inkemba kaJehu uyakubulawa ngu-Elisha.

18 Kepha ngiyakushiya kwa-Israyeli izinkulungwane eziyisikhombisa, onke amadolo anganguqanga kuBali nayo yonke imilomo engamanganga.

19 Wayesesuka lapho, wamfumana u-Elisha indodana kaShafati; wayelima ngezinkabi ezingamabhangqa ayishumi nambili phambi kwakhe, yena esebhangqeni leshumi nambili; u-Eliya wadlulela kuye, waphonsa ingubo yakhe kuye.

20 Wayeseshiya izinkabi, wagijima wamlandela u-Eliya, wathi: Ake ngange ubaba nomame, bese ngikulandela. Wathi kuye: Hamba, ubuyele emuva, ngokuba ngenzeni kuwe na?

21 Wabuya ekumlandeleni, wathatha izinkabi zombili, wazihlaba, wapheka inyama yazo ngempahla yezinkabi, wabapha abantu, badla. Wayesesuka, wamlandela u-Eliya, wamkhonza.

## 1 AmaKhosi 20

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### U-Ahabi unqoba ama-Aramu kabili

1UBeni Hadadi inkosi yase-Aramu wabutha yonke impi yakhe;
wayenamakhosi angamashumi amathathu nambili, namahhashi, nezinqola;
wenyuka, wavimbezela iSamariya, walwa nalo,

2wathuma izithunywa ku-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli emzini,

3wathi kuye: Usho kanje uBeni Hadadi, uthi: Isiliva lakho negolide lakho
lingelami, nawomkakho nabantwana bakho abahle bangabami.

4Inkosi yakwa-Israyeli yaphendula yathi: Kunjengokusho kwakho, nkosi yami,
nkosi: Ngingowakho nakho konke enginakho.

5Kepha izithunywa zabuya, zathi: Usho kanje uBeni Hadadi, uthi:
Ngathumela kuwe, ngathi: Uyakunikela kimi isiliva lakho negolide lakho,
nawomkakho, nabantwana bakho,

6kepha ngalesi sikhathi kusasa ngiyakuthuma izinceku zami kuwe, ziyalule
indlu yakho nezindlu zezinceku zakho; kuyakuthi konke okuhle emehlweni
akho zikufake esandleni sazo, zikususe.

7Inkosi yakwa-Israyeli yayisibiza onke amalunga ezwe, yathi: Ake niqaphele,
nibone ukuthi lowo muntu ufuna okubi, ngokuba wathumela kimi
ngawomkami, nangabantwana bami, nangesiliva lami, nangegolide lami,
angimnqabelanga.

8Amalunga onke nabantu bonke bathi kuye: Ungalaleli, ungavumi.

9Wayesethi kuzo izithunywa zikaBeni Hadadi: Yitsheleni inkosi yami, inkosi,
ukuthi: Konke owathumela ngakho encekwini yakho kuqala ngiyakukwenza,
kepha le nto anginakuyenza. Zase zihamba izithunywa, zambuyisela izwi.

10UBeni Hadadi wayesethumela kuye, wathi: Onkulunkulu mabenze njalo
kimi, benezele futhi, uma uthuli lwaseSamariya luyakwanela abantu bonke
abasezinyathelweni zami ukuba babe nokhweshe.

11Yayisiphendula inkosi yakwa-Israyeli, ithi: Khulumani kuye, nithi: Obhinca
izikhali makangazigabisi njengokhumulayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Kwathi esezwa leli zwi, ephuza kanye namakhosi emadokodweni, wathi ezincekwini zakhe: Mayiphume. Yayisiphuma ukulwa nomuzi.

13Bheka, kwasondela umprofethi ku-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli, wathi: Usho kanje uJehova, uthi: Uyasibona sonke lesi sixuku na? Bheka, ngiyakusinikela esandleni sakho namuhla, uze wazi ukuthi mina ngmaster nginguJehova.

14Wayesethi u-Ahabi: Ngobani na? Wathi: Usho kanje uJehova, uthi: Ngezinsizwa zezikhulu zezifunda. Wayesethi: Ngubani oyakokha impi? Wathi: Nguwe.

15Wayesebala izinsizwa zezikhulu zezifunda, zazingamakhulu amabili namashumi amathathu nambili; emva kwazo wabala abantu bonke, bonke abantwana bakwa-Israyeli, beyizinkulungwane eziyisikhombisa.

16Baphuma emini. Kepha uBeni Hadadi wayephuza waze wadakwa emadokodweni, yena namakhosi, amakhosi angamashumi amathathu nambili amsizayo.

17Izinsizwa zezikhulu zezifunda zaphuma kuqala; uBeni Hadadi wathumela, bamtshela ukuthi kuphume abantu eSamariya.

18Wathi: Noma bephumele ukuthula, babambeni besaphila, noma bephumele ukulwa, babambeni besaphila.

19Zaphuma-ke emzini izinsizwa lezo zezikhulu zezifunda kanye nempi eyazilandela.

20Babulala, kwaba yilowo nalowo umuntu wakhe; ama-Aramu abaleka, u-Israyeli wawaxosha; uBeni Hadadi inkosi yama-Aramu waphunyuka ngehhashi kanye nabamahhashi.

21Inkosi yakwa-Israyeli yaphuma, yagenca amahhashi nezinqola, yabulala ama-Aramu ngokuceka okukhulu.

22Umprofethi wasondela enkosini yakwa-Israyeli, wathi kuyo: Hamba uziqinise, uqaphele, ubone oyakukwenza, ngokuba emva komnyaka inkosi yama-Aramu iyakwenyuka ukulwa nawe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

23Izinceku zenkosi yama-Aramu zathi kuyo: Unkulunkulu wabo ungunkulunkulu wezintaba, ngalokho basahlula; kepha masilwe nabo ethafeni, impela siyakubahlula.

24Futhi yenza lokhu: Susa amakhosi onke, kube yileyo naleyo endaweni yayo, ubeke ababusi ezikhundleni zawo,

25uzibalele impi njengaleyo mpi olahlekelwe yiyo, ihhashi ngehhashi, inqola ngenqola, silwe nabo ethafeni, sibahlule impela. Yalalela izwi labo, yenze njalo.

26Kwathi emva komnyaka uBeni Hadadi wabala ama-Aramu, wenyukela e-Afeki ukuba alwe no-Israyeli.

27Abantwana bakwa-Israyeli babalwa, baphiwa ukudla, bahamba ukuhlangabezana nabo; abakwa-Israyeli bamisa phambi kwabo njengemihlanjana emibili yamazinyane ezimbuzi, kepha ama-Aramu agcwalisa izwe.

28Wayesesondela umuntu kaNkulunkulu, wathi enkosini yakwa-Israyeli: Usho kanje uJehova, uthi: Ngokuba ama-Aramu eshilo ukuthi uJehova ungunkulunkulu wezintaba, kasiye unkulunkulu wezigodi, ngiyakusinikela sonke lesi sixuku esikhulu esandleni sakho, nize nazi ukuthi nginguJehova.

29Base bemisile bebhekana izinsuku eziyisikhombisa. Kwathi ngosuku lwesikhombisa kwaqala ukuliwa; abantwana bakwa-Israyeli babulala ama-Aramu ayizinkulungwane eziyikhulu ayimigundatshani ngalusuku lunye.

30 Abaseleyo babalekela emzini wase-Afeki; ugange lwawela phezu kwabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nesikhombisa abaseleyo. Naye uBeni Hadadi wabaleka, wangena emzini amakamelo ngamakamelo.

31Kepha izinceku zakhe zathi kuye: Bheka, sizwile ukuthi amakhosi endlu yakwa-Israyeli angamakhosi anomusa; ake sembathe izindwangu zamasaka ezinkalweni zethu nezintambo emakhanda ethu, siphume, siye enkosini yakwa-Israyeli; mhlawumbe iyakusindisa ukuphila kwakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32Zase zibhinca izindwangu zamasaka ezinkalweni zazo, nezintambo emakhanda azo, zaya enkosini yakwa-Israyeli, zathi: Ithi inceku yakho uBeni Hadadi: Ake ungiyeke, ngiphile. Yayisithi: Usekhona na? Ungumfowethu yena.

33Amadoda aqaphela lokho, ashesha ukuqinisa okuvela kuye, athi: Ngumfowenu uBeni Hadadi. Wathi: Hambani, nimlande. UBeni Hadadi wayesephumela kuye; wamkhwelisa inqola yakhe.

34UBeni Hadadi wayesethi kuye: Imizi ubaba ayithatha kuyihlo ngiyakuyibuyisa, uzenzele izitaladi eDamaseku njengokwenza kukababa eSamariya. U-Ahabi wathi: Ngalesi sivumelwano ngiyakukuvumela ukuba uhambe. Wayesenza isivumelwano naye, wamvumela ukuba ahambe.

**U-Ahabi usolwa ngumprofethi**

35Umuntu othile wamadodana abaprofethi wathi kumngane wakhe ngezwi likaJehova: Ake ungishaye. Kepha lowo muntu wala ukushaya.

36 Wayesethi kuye: Ngokuba ungalalelanga izwi likaJehova, bheka, uyakwanele ukusuka nje kimi, ingonyama ikubulale. Wanele wasuka nje kuye, ingonyama yamfumana, yambulala.

37Wayesefumana omunye umuntu, wathi: Ake ungishaye. Lowo muntu wamshaya; wamshaya, wamlimaza.

38Wayesesuka umprofethi, walindela inkosi endleleni, waziguqula ngeqhele elalisemehlweni akhe.

39Kwathi inkosi isidlula, wamemeza enkosini, wathi: Inceku yakho yaphumela phakathi kokulwa; bheka, kwabuya umuntu owaletha kimi omunye, wathi: Linda lo muntu; uma elahleka, ukuphila kwakho kuyakuba sesikhundleni sokuphila kwakhe, noma uyakukhokha italenta lesiliva.

40Kwathi lapho inceku yakho isasebenza ngalapha nangalapha, kanti wayesehambile. Yayisithi kuye inkosi yakwa-Israyeli: Kunjalo ukwahlulelwa kwakho; nguwe onqumile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[41]Washesha wasusa iqhele emehlweni akhe; yayisimbona inkosi yakwa-Israyeli ukuthi ungowabaprofethi.

[42] Wathi kuyo: Usho kanje uJehova, uthi: Ngokuba umyekile ukuba aphume esandleni sakho umuntu engangimqalekisile, ukuphila kwakho kuyakuba sesikhundleni sokuphila kwakhe, nabantu bakho babe sesikhundleni sabantu bakhe.

[43]Inkosi yakwa-Israyeli yaya endlini yayo ihluneme, ithukuthele, yeza eSamariya.

## 1 AmaKhosi 21

### Isivini sikaNaboti nokubulawa kukaNaboti

[1]Kwathi emva kwalezo zinto uNaboti waseJizreyeli wayenesivini esasiseJizreyeli eceleni kwendlu yenkosi u-Ahabi, inkosi yaseSamariya.

[2]U-Ahabi wakhuluma kuNaboti, wathi: Ngiphe isivini sakho ukuba sibe yisivande sami semifino, ngokuba siseduze nendlu yami, ngikunike isivini esihle kunaso esikhundleni saso; kepha uma kukuhle emehlweni akho, ngiyakukunika isiliva libe yintengo yaso.

[3] Wayesethi uNaboti ku-Ahabi: Makube kude nami ngenxa kaJehova ukuba ngikunike ifa lawobaba.

[4]U-Ahabi wangena endlini yakhe ehluneme, ethukuthele ngenxa yezwi abelikhulume kuye uNaboti waseJizreyeli; ngokuba wayeshilo ukuthi: Angiyikukunika ifa lawobaba. Walala embhedeni, waphendula ubuso, akadlanga lutho.

[5]Kepha kwase kufika kuye u-Izebeli umkakhe, wakhuluma kuye, wathi: Uhlunameleni umoya wakho ukuba ungadli lutho na?

[6]Wathi kuye: Ngokuba ngakhuluma kuNaboti waseJizreyeli, ngathi kuye: Ngiphe isivini sakho ngesiliva; kepha uma uthanda, ngiyakukunika esinye isivini esikhundleni saso; kodwa wathi: Angiyikukunika isivini sami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Wayesethi kuye u-Izebeli umkakhe: Manje, nguwe ophethe umbuso wakwa-Israyeli na? Vuka udle, inhliziyo yakho ithokoze; mina ngiyakukunika isivini sikaNaboti waseJizreyeli.

8Wayeseloba izincwadi egameni lika-Ahabi, wazinamathelisa ngophawu lwakhe, wazithuma izincwadi kumalunga nakwabakhulu ababesemzini wakhe, abakhe kanye noNaboti.

9Waloba ezincwadini ukuthi: Memezelani ukuzila ukudla, nimbeke uNaboti emqoka kubantu,

10nibeke amadoda amabili, abantu ababi, phambi kwakhe, afakaze ngaye ngokuthi: Uthukile uNkulunkulu nenkosi, bese nimkhiphela ngaphandle, nimkhande ngamatshe, afe.

11Amadoda omuzi wakubo, amalunga nabakhulu ababehlala emzini wakubo, enza njengokuthumela kuka-Izebeli kuwo nanjengokulotshiweyo ezincwadini ayezithume kuwo.

12Amemezela ukuzila ukudla, ambeka uNaboti emqoka kubantu.

13Lawo madoda amabili, abantu ababi, angena, ahlala phambi kwakhe; bafakaza labo bantu ababi ngaye, bathi: Yena uNaboti uthukile uNkulunkulu nenkosi. Base bemkhiphela ngaphandle komuzi, bamkhanda ngamatshe, wafa.

14Base bethumela ku-Izebeli, bethi: UNaboti ukhandiwe ngamatshe, wafa.

15Kwathi u-Izebeli esezwile ukuthi uNaboti ukhandiwe ngamatshe, wafa, u-Izebeli wathi ku-Ahabi: Suka udle isivini sikaNaboti waseJizreyeli, enqaba ukukunika sona ngesiliva, ngokuba uNaboti kasekho, ufile.

16Kwathi u-Ahabi esezwile ukuthi uNaboti ufile, u-Ahabi wasuka ukuba ehlele esivinini sikaNaboti waseJizreyeli ukusidla.

### U-Ahabi usolwa ngu-Eliya

17Izwi likaJehova lase lifika ku-Eliya waseThishibi, lathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Suka wehle, umhlangabeze u-Ahabi, inkosi yakwa-Israyeli, oseSamariya; bheka, usesivinini sikaNaboti, lapho ehlele khona ukusidla.

19 Uyakukhuluma kuye ngokuthi: Usho kanje uJehova, uthi: Usubulele, wadla isizi na? Bese wukhuluma kuye ngokuthi: Usho kanje uJehova, uthi: Endaweni lapho izinja zaxhapha khona igazi likaNaboti, izinja ziyakuxhapha negazi lakho, yebo, elakho.

20 Wayesethi u-Ahabi ku-Eliya: Usungitholile wena sitha sami na? Wathi: Ngikutholile, ngokuba uzithengisile ukwenza okubi emehlweni kaJehova.

21 Bheka, ngiyakukwehlisela okubi, ngikukhukhule, nginqume ku-Ahabi wonke umlisa, omncane nomkhulu kwa-Israyeli;

22 ngiyakwenza indlu yakho ibe njengendlu kaJerobowamu indodana kaNebati nanjengendlu kaBahasha indodana ka-Ahiya ngenxa yesicunulo ongicunule ngaso, wonisa futhi ngaso u-Israyeli.

23 Nango-Izebeli uJehova wakhuluma, wathi: Izinja ziyakumudla u-Izebeli ngasogangeni lwaseJizreyeli.

24 Owakwa-Ahabi ofela emzini izinja ziyakumudla, nofela endle izinyoni zezulu ziyakumudla.

25 Kepha akubangakho onjengo-Ahabi owazithengisa ukwenza okubi emehlweni kaJehova, edudwa ngu-Izebeli umkakhe.

26 Wenza isinengiso esikhulu ngokulandela izithombe njengakho konke ukwenza kwama-Amori axoshwa nguJehova ngaphambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

27 Kwathi u-Ahabi esezwile lawo mazwi, waklebhula izingubo zakhe, wembatha indwangu yamasaka emzimbeni wakhe, wazila ukudla, walala endwangwini yamasaka, wahambahamba kancane.

28 Izwi likaJehova lafika ku-Eliya waseThishibi, lathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29 Ubonile yini ukuthi u-Ahabi uyazithoba phambi kwami na? Ngokuba ezithoba phambi kwami angiyikwehlisa okubi emihleni yakhe; kepha emihleni yendodana yakhe ngiyakwehlisela indlu yakhe okubi.

## 1 AmaKhosi 22

### U-Ahabi uhlangana noJehoshafati

1Bahlala iminyaka emithathu kungekho ukulwa phakathi kwe-Aramu no-Israyeli.

2 Kwathi ngomnyaka wesithathu uJehoshafati inkosi yakwaJuda wehlela enkosini yakwa-Israyeli.

3Inkosi yakwa-Israyeli yathi ezincekwini zayo: Niyazi ukuthi iRamoti Gileyadi lingelethu na? Kepha siyathula, asilikhiphi esandleni senkosi yase-Aramu.

4 Yathi kuJehoshafati: Uyakuhamba nami ukulwa neRamoti Gileyadi na? UJehoshafati wathi enkosini yakwa-Israyeli: Mina nginjengawe, abantu bami banjengabantu bakho, amahhashi ami anjengamahhashi akho.

5Kepha uJehoshafati wathi enkosini yakwa-Israyeli: Ake ubuze namuhla izwi likaJehova.

6Inkosi yakwa-Israyeli yayisibutha abaprofethi kungathi abantu abangamakhulu amane, yathi kubo: Ngihambe ngilwe neRamoti Gileyadi, noma ngiliyeke na? Bathi: Yenyuka, ngokuba uJehova uyakulinikela esandleni senkosi.

7Kepha uJehoshafati wathi: Akusekho mprofethi kaJehova lapha ukuba sibuze kuye na?

8Inkosi yakwa-Israyeli yathi kuJehoshafati: Kusekhona umuntu munye, uMikhaya, indodana kaJimila, esingabuza ngaye kuJehova, kodwa ngiyamzonda, ngokuba akaprofethi okuhle ngami kepha okubi. Wathi uJehoshafati: Inkosi mayingasho njalo.

9Inkosi yakwa-Israyeli yayisibiza induna, yathi: Landa masinyane uMikhaya indodana kaJimila.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Inkosi yakwa-Israyeli noJehoshafati inkosi yakwaJuda babehlezi, kwaba
yilowo nalowo esihlalweni sakhe sobukhosi, bembethe izambatho zabo,
esibuyeni ngasesikhaleni sesango laseSamariya; bonke abaprofethi baprofetha
phambi kwabo.

11USedekiya indodana kaKhenahana wazenzela izimpondo zensimbi, wathi:
Usho kanje uJehova, uthi: Ngalezi uyakuqhubukusha ama-Aramu aze aphele.

12Bonke abaprofethi baprofetha kanje, bathi: Yenyukela eRamoti Gileyadi,
ube nempumelelo, ngokuba uJehova uyakulinikela esandleni senkosi.

13Isithunywa ebesihambile ukumbiza uMikhaya sakhuluma kuye, sathi:
Bheka, amazwi abaprofethi mahle enkosini ngamlomo munye; ngalokho izwi
lakho malibe njengezwi lomunye wabo, ukhulume okuhle.

14 Kepha uMikhaya wathi: Kuphila kukaJehova, lokhu uJehova akushoyo
kimi, lokhu ngiyakukhuluma khona.

15Esefikile enkosini, inkosi yathi kuye: Mikhaya, sihambe silwe neRamoti
Gileyadi, noma siliyeke, na? Wathi kuyo: Yenyuka, ube nempumelelo;
uJehova uyakulinikela esandleni senkosi.

16Yayisithi kuye inkosi: Ngiyakukufungisa izikhathi ezingaki ukuba
ungakhulumi lutho kimi ngaphandle kweqiniso egameni likaJehova na?

17 Wayesethi: Ngabona wonke u-Israyeli ehlakazekile ezintabeni njengezimvu
ezingenamalusi; uJehova wathi: Laba abasenankosi; mababuyele, kube
yilowo nalowo endlini yakhe ngokuthula.

18Yayisithi inkosi yakwa-Israyeli kuJehoshafati: Angishongo yini kuwe ukuthi
akayikuprofetha okuhle ngami, okubi kuphela.

19UMikhaya wathi: Ngalokho yizwa izwi likaJehova lokuthi: Ngambona
uJehova ehlezi esihlalweni sakhe sobukhosi, nebandla lonke lasezulwini limi
ngakuye ngakwesokunene sakhe nangakwesokhohlo sakhe.

20UJehova wathi: Ngubani oyakuyenga u-Ahabi ukuba enyuke afele eRamoti
Gileyadi na? Omunye washo ukuthi nomunye ukuthi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Kwavela umoya, wema phambi kukaJehova, wathi: Mina ngiyakumyenga. UJehova wathi kuye: Ngantoni na?

22 Wathi: Ngiyakuphuma ngibe ngumoya wamanga emilonyeni yabaprofethi bakhe bonke. Wayesethi: Uyakumyenga, futhi uyakumahlula; hamba, wenze njalo.

23 Bheka, ngalokho uJehova ubekile umoya wamanga emilonyeni yalaba baprofethi bakho bonke; uJehova ukhulumile okubi ngawe.

24 USedekiya indodana kaKhenahana wayesesondela, wamshaya uMikhaya esihlathini, wathi: UMoya kaJehova wasuka kimi ngaphi ukuba akhulume kuwe na?

25 Wathi uMikhaya: Bheka, uyakukubona ngalolo suku oyakungena ngalo emakamelweni ngamakamelo ukuba ucashe.

26 Inkosi yakwa-Israyeli yathi: Mthathe uMikhaya, umbuyisele ku-Amoni, umbusi womuzi, nakuJowashi indodana yenkosi,

27 uthi: Isho kanje inkosi, ithi: Fakani lona etilongweni, nimuphe isinkwa sokuhlupheka namanzi okuhlupheka, ngize ngibuye ngokuphila.

28 Wayesethi uMikhaya: Uma ubuya impela ngokuphila, uyakube engakhulumanga ngami uJehova. Wathi futhi: Yizwani nina bantu bonke.

29 Inkosi yakwa-Israyeli, noJehoshafati, inkosi yakwaJuda, base benyukela eRamoti Gileyadi.

30 Inkosi yakwa-Israyeli yathi kuJehoshafati: Ngiyakuziguqula, ngingene ekulweni, kepha wena wembathe izambatho zakho. Yayisiziguqula inkosi yakwa-Israyeli, yangena ekulweni.

31 Kepha inkosi yase-Aramu ibiyalile izinduna ezingamashumi amathathu nambili zezinqola zayo ngokuthi: Ningalwi namuntu, omncane noma omkhulu, kuphela nenkosi yakwa-Israyeli yodwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32Kwathi lapho izinduna zezinqola sezibonile uJehoshafati, zathi: Impela lo uyinkosi yakwa-Israyeli. Zase ziphambuka ukuba zilwe nayo, kepha uJehoshafati wamemeza.

33Kwathi sezibonile izinduna zezinqola ukuthi yena akasiyo inkosi yakwa-Israyeli, zabuya ekumlandeleni.

34 Kepha umuntu othile wansala umnsalo wakhe ngokungazeleli nje, wayihlaba inkosi yakwa-Israyeli enhlanganisweni yebhantshi lensimbi, yathi kumshayeli: Phenduka, ungikhiphe empini, ngokuba ngikhutshaziwe.

35Ukulwa kwaqina ngalolo suku; inkosi yasekelwa enqoleni yayo malungana nama-Aramu, yafa ngakusihlwa; igazi lenxeba laphalazeka phansi enqoleni.

36Ekushoneni kwelanga kwadlula ekamu lonke isimemo sokuthi: Yilowo nalowo makaye emzini wakubo, yilowo nalowo ezweni lakubo.

37Yafa-ke inkosi, yayiswa eSamariya; bayimbela inkosi eSamariya.

38Sebeyihlanza inqola echibini laseSamariya, izinja zaxhapha igazi lakhe, nezifebe zageza khona njengezwi likaJehova abelikhulumile.

39Ezinye izindaba zika-Ahabi, nakho konke akwenzayo, nendlu yezimpondo zendlovu ayakhayo, nayo yonke imizi ayakhayo, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

40U-Ahabi wayeselala koyise; u-Ahaziya waba yinkosi esikhundleni sakhe.

### UJehoshafati uyinkosi kwaJuda; u-Ahaziya uyinkosi kwa-Israyeli

41 UJehoshafati indodana ka-Asa waqala ukubusa kwaJuda ngomnyaka wesine ka-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli.

42UJehoshafati wayeneminyaka engamashumi amathathu nanhlanu ekuqaleni kwakhe ukubusa; wabusa iminyaka engamashumi amabili nanhlanu eJerusalema. Igama likanina lalingu-Azuba indodakazi kaShilehi.

43Wahamba ngezindlela zonke zika-Asa uyise, kaphambukanga kuzo, enza okulungile emehlweni kaJehova. Kepha izindawo eziphakemeyo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

azisuswanga; abantu babesanikela, babesashisa impepho ezindaweni eziphakemeyo.

44UJehoshafati wenza ukuthula nenkosi yakwa-Israyeli.

45Ezinye izindaba zikaJehoshafati, namandla awabonakalisayo, nokulwa kwakhe, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

46Insali yezifebe zethempeli ezazisasele emihleni kayise u-Asa wayixosha ezweni.

47 Kwakungekho nkosi kwa-Edomi; kwabusa umbambeli.

48 UJehoshafati walungisa imikhumbi yaseTharishishi ukuba iye e-Ofiri ukulanda igolide, kepha ayihambanga, ngokuba imikhumbi yaphuka e-Esiyoni Geberi.

49 Khona u-Ahaziya indodana ka-Ahabi wathi kuJehoshafati: Izinceku zami mazihambe nezinceku zakho emikhunjini. Kepha uJehoshafati akavumanga.

50UJehoshafati wayeselala koyise, wembelwa koyise emzini kaDavide uyise; uJehoramu indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

51U-Ahaziya indodana ka-Ahabi waqala ukubusa kwa-Israyeli eSamariya ngomnyaka weshumi nesikhombisa kaJehoshafati inkosi yakwaJuda, wabusa iminyaka emibili kwa-Israyeli.

52Wenza okubi emehlweni kaJehova, wahamba ngendlela kayise, nangendlela kanina, nangendlela kaJerobowamu indodana kaNebati ayonisile u-Israyeli.

53 Wakhonza uBali, wakhuleka kuye, wacunula uJehova, uNkulunkulu ka-Israyeli, njengakho konke akwenzileyo uyise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# 2 AmaKhosi

## 2 AmaKhosi 1

### Ukugula nokufa kuka-Ahaziya inkosi yakwa-Israyeli

1 UMowabi wahlubuka kwa-Israyeli emva kokufa kuka-Ahabi.

2 U-Ahaziya wawa eheleni lekamelo lakhe eliphezulu laseSamariya, wagula,
wathuma izithunywa, wathi kuzo: Hambani nibuze kuBali Zebubi
unkulunkulu wase-Ekroni, uma ngiyakusinda kulokhu kugula kwami.

3 Kepha ingelosi kaJehova yathi ku-Eliya waseThishibi: Suka ukhuphuke
ukuhlangabeza izithunywa zenkosi yaseSamariya, uthi kuzo: Kungokuba
kungekho Nkulunkulu kwa-Israyeli ukuba niye nibuze kuBali Zebubi
unkulunkulu wase-Ekroni na?

4 Ngalokho uJehova usho kanje, uthi: Umbhede okhuphukele kuwo
awuyikwehlika kuwo, kepha uyakufa nokufa. Wayesesuka u-Eliya.

5 Izithunywa zabuyela kuye; wathi kuzo: Nibuyeleni na?

6 Zathi kuye: Kwakhuphuka umuntu ukuba asihlangabeze, wathi kithi:
Hambani, nibuyele enkosini enithumileyo, nithi kuyo: Usho kanje uJehova,
uthi: Kungokuba kungekho Nkulunkulu kwa-Israyeli ukuba uthume ukubuza
kuBali Zebubi unkulunkulu wase-Ekroni na? Ngalokho umbhede okhuphukele
kuwo awuyikwehlika kuwo, kepha uyakufa nokufa.

7 Wathi kuzo: Bekungumuntu onjani owakhuphuka ukunihlangabeza,
wanitshela lawo mazwi na?

8 Zathi kuye: Umuntu wayenengubo yoboya, ebhince ibhande lesikhumba
okhalweni lwakhe. Wathi: Bekungu-Eliya waseThishibi.

9 Wayesethuma kuye induna yamashumi ayisihlanu inamashumi ayisihlanu
ayo. Yakhuphukela kuye; bheka, wayehlezi esiqongweni sentaba. Yakhuluma
kuye, yathi: We muntu kaNkulunkulu, inkosi ishilo ukuthi: Yehla.

10 U-Eliya waphendula, wathi enduneni yamashumi ayisihlanu: Uma
ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle umlilo ezulwini, ukuqede wena

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

namashumi ayisihlanu akho. Wehla-ke umlilo ezulwini, wayiqeda yona namashumi ayisihlanu ayo.

11Wabuye wathuma kuye enye induna yamashumi ayisihlanu inamashumi ayisihlanu ayo. Yathatha yathi kuye: We muntu kaNkulunkulu, isho kanje inkosi, ithi: Shesha wehle.

12Wayesephendula u-Eliya, wathi kubo: Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle umlilo ezulwini, ukuqede wena namashumi ayisihlanu akho. Wehla-ke umlilo kaNkulunkulu ezulwini, wayiqeda yona namashumi ayisihlanu ayo.

13Wabuye wathuma induna yesithathu yamashumi ayisihlanu inamashumi ayisihlanu ayo. Yakhuphuka le nduna yesithathu yamashumi ayisihlanu, yafika yaguqa ngamadolo phambi kuka-Eliya, yamnxusa, yathi kuye: We muntu kaNkulunkulu, ukuphila kwami nokuphila kwalezi zinceku zakho ezingamashumi ayisihlanu makube yigugu emehlweni akho.

14Bheka, kwehle umlilo ezulwini, waqeda izinduna zamashumi ayisihlanu ezimbili zokuqala zinamashumi ayisihlanu azo; kepha manje makube yigugu emehlweni akho ukuphila kwami.

15Ingelosi kaJehova yathi ku-Eliya: Yehla naye, ungamesabi. Wasuka wehla naye, waya enkosini.

16Wayesethi kuyo: Usho kanje uJehova, uthi: Lokhu uthume izithunywa ukubuza kuBali Zebubi unkulunkulu wase-Ekroni kungokuba kungekho Nkulunkulu kwa-Israyeli ukuba kubuzwe ngezwi lakhe na? Ngalokho awuyikwehlika embhedeni okhuphukele kuwo, kepha uyakufa nokufa.

17 Yayisifa njengezwi likaJehova alikhulumileyo u-Eliya. UJehoramu waqala ukubusa esikhundleni sakhe ngomnyaka wesibili kaJehoramu indodana kaJehoshafati, inkosi yakwaJuda, ngokuba wayengenandodana.

18Ezinye izindaba zika-Ahaziya azenzayo angithi zilotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

**2 AmaKhosi 2**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society of south africa

### U-Eliya uyamukelwa ezulwini

1Kwathi lapho uJehova ebeyakumkhuphula u-Eliya aye ezulwini ngesivunguvungu, u-Eliya wasuka eGiligali no-Elisha.

2U-Eliya wathi ku-Elisha: Ake uhlale lapha, ngokuba uJehova ungithumile eBethele. Kepha u-Elisha wathi: Kuphila kukaJehova nokuphila komphefumulo wakho, angiyikukushiya. Behlela-ke eBethele.

3Amadodana abaprofethi ayeseBethele aphuma, aya ku-Elisha, athi kuye: Uyazi yini ukuthi uJehova uyakususa inkosi yakho kuwe namuhla na? Wathi: Yebo, ngiyakwazi; thulani.

4U-Eliya wathi kuye: Elisha, ake uhlale lapha, ngokuba uJehova ungithumile eJeriko. Kepha wathi: Kuphila kukaJehova nokuphila kwakho, angiyikukushiya. Bafika-ke eJeriko.

5Amadodana abaprofethi ayeseJeriko asondela ku-Elisha, athi kuye: Uyazi yini ukuthi uJehova uyakususa inkosi yakho kuwe namuhla na? Wathi: Yebo, ngiyakwazi; thulani.

6U-Eliya wathi kuye: Ake uhlale lapha, ngokuba uJehova ungithumile eJordani. Kepha wathi: Kuphila kukaJehova nokuphila kwakho, angiyikukushiya. Bahamba-ke bobabili.

7Abantu abangamashumi ayisihlanu bamadodana abaprofethi baya bema khashana maqondana nabo; bona bobabili bema ngaseJordani.

8 U-Eliya wathatha ingubo yakhe, wayisonga, washaya amanzi, ahlukana ngalapha nangalapha, bawela bobabili emhlabathini owomileyo.

9 Kwathi sebewelile, u-Eliya wathi ku-Elisha: Cela engiyakukwenzela khona ngingakasuswa kuwe. Wathi u-Elisha: Makuphindwe kabili umoya wakho phezu kwami.

10Kepha wathi: Ucele into elukhuni; nokho, uma ungibona lapha ngisuswa kuwe, kuyakuba njalo kuwe; kodwa uma ungangiboni, akuyikuba njalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Kwathi beselokhu behamba bekhuluma, bheka, nanso inqola yomlilo namahhashi omlilo, kwabahlukanisa bobabili; u-Eliya wakhuphukela ezulwini ngesivunguvungu.

12 U-Elisha wakubona, wamemeza wathi: Baba, baba, nqola ka-Israyeli nabamahhashi bakhe! Akabe esambona futhi; wabamba izingubo zakhe, waziklebhula kabili.

### U-Elisha ungumprofethi; izimangaliso zakhe

13 Wacosha ingubo ka-Eliya ebiwile kuye, wabuya, wema ngasogwini lwaseJordani.

14 Wayithatha ingubo ka-Eliya ebiwile kuye, washaya amanzi, wathi: Uphi uJehova uNkulunkulu ka-Eliya na? Esewashayile amanzi, ahlukana ngalapha nangalapha; u-Elisha wawela.

15 Esembonile amadodana abaprofethi aseJeriko ayemalungana naye, athi: Umoya ka-Eliya uhlezi phezu kuka-Elisha. Afika ukumhlangabeza, akhothamela phansi phambi kwakhe.

16 Athi kuye: Bheka, kukhona phakathi kwezinceku zakho amadoda angamashumi ayisihlanu anamandla; mawahambe, afune inkosi yakho; kumbe uMoya kaJehova umkhuphulile, wamlahla entabeni ethile noma esigodini esithile. Kepha wathi: Ningawathumi.

17 Amncengisisa waze waba namahloni; wayesethi: Thumani. Ayesethuma abantu abangamashumi ayisihlanu; bamfuna izinsuku ezintathu, kepha abamtholanga.

18 Babuyela kuye esahlezi eJeriko; wathi kubo: Angishongo yini kini ukuthi: Ningahambi, na?

19 Kepha abantu bomuzi bathi ku-Elisha: Bheka, isiza somuzi sihle, njengokuba inkosi ibona, kepha amanzi mabi, izwe liyabhulubisa.

20 Wathi: Ngiletheleni isitsha esisha, nibeke usawoti kuso. Basiletha kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Waphuma, waya emthonjeni wamanzi, waphonsa kuwo usawoti, wathi: Usho kanje uJehova, uthi: Ngelaphile lawa manzi; akusayikuvela ukufa kuwo nokubhuluba.

22Elashwa-ke amanzi kuze kube namuhla njengezwi lika-Elisha alikhulumayo.

23Wenyuka lapho, waya eBethele; esenyuka endlelni, kwaphuma abafana emzini, bamklolodela, bathi kuye: Yenyuka wena mpandlandini! Yenyuka wena mpandlandini!

24Wabheka emva kwakhe, wababona, wabaqalekisa egameni likaJehova. Kwase kuphuma ehlathini amabhere amabili ezinsikazi, adwengula abafana abangamashumi amane nambili kubo.

25Wasuka khona, waya entabeni yaseKarmeli; esuka lapho wabuyela eSamariya.

## 2 AmaKhosi 3

### UJehoramu uyinkosi kwa-Israyeli

1 UJehoramu indodana ka-Ahabi waba yinkosi kwa-Israyeli eSamariya ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili kaJehoshafati inkosi yakwaJuda, wabusa iminyaka eyishumi nambili.

2 Wenza okubi emehlweni kaJehova kepha kungenjengoyise nonina, ngokuba wasusa insika kaBali abeyenzile uyise.

3 Nokho wanamathela ezonweni zikaJerobowamu indodana kaNebati onisa ngazo u-Israyeli, kasukanga kuzo.

### Impi noMowabi

4UMesha inkosi yakwaMowabi owayefuyile kakhulu izimvu wathela enkosini yakwa-Israyeli uboya bamawundlu ayizinkulungwane eziyikhulu nobezinqama eziyizinkulungwane eziyikhulu.

5 Kwathi lapho esefile u-Ahabi, inkosi yakwaMowabi yahlubuka inkosi yakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Inkosi uJehoramu yaphuma eSamariya ngaleso sikhathi, yabala wonke u-
Israyeli.

7 Yaya yathumela kuJehoshafati inkosi yakwaJuda, yathi: Inkosi
yakwaMowabi ingihlubukile; ungahamba nami, silwe noMowabi, na? Wathi:
Ngiyakwenyuka, mina njengawe, abantu bami njengabantu bakho,
amahhashi ami njengamahhashi akho.

8Wathi futhi: Siyakwenyuka ngayiphi indlela na? Yathi: Ngendlela yasehlane
lakwa-Edomi.

9Yayisihamba inkosi yakwa-Israyeli, nenkosi yakwaJuda, nenkosi yakwa-
Edomi; azungeza indlela yezinsuku eziyisikhombisa; kwakungekho manzi
empi nawezinkomo ezibalandelayo.

10Yayisithi inkosi yakwa-Israyeli: Maye, ngokuba uJehova ubuthile lawa
makhosi amathathu ukuwanikela esandleni sakwaMowabi!

11 Kepha uJehoshafati wathi: Akakho lapha umprofethi kaJehova ukuba
sibuze kuJehova ngaye na? Enye yezinceku zenkosi yakwa-Israyeli
yaphendula yathi: Ukhona u-Elisha indodana kaShafati owathela amanzi
ezandleni zika-Eliya.

12Wayesethi uJehoshafati: Izwi likaJehova likuye. Base behlela kuye inkosi
yakwa-Israyeli, noJehoshafati, nenkosi yakwa-Edomi.

13Kepha u-Elisha wathi enkosini yakwa-Israyeli: Nginamsebenzi muni nawe
na? Hamba uye kubaprofethi bakayihlo nakubaprofethi bakanyoko. Kepha
inkosi yakwa-Israyeli yathi kuye: Hhayi, ngokuba uJehova ubizile lawo
makhosi amathathu ukuwanikela esandleni sakwaMowabi.

14Wayesethi u-Elisha: Kuphila kukaJehova Sebawoti engimi phambi kwakhe,
uma bengingamazisi uJehoshafati inkosi yakwaJuda, ngempela ngingeze
ngakubheka, ngingeze ngakubona.

15 Kepha manje ngiletheleni umbethi wogubhu. Kwathi umbethi wogubhu
esabetha, isandla sikaJehova saba kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

16Wathi: Usho kanje uJehova, uthi: Yenza lo mfula ube nemigodi ngemigodi.

17Ngokuba uJehova usho kanje, uthi: Aniyikubona umoya, aniyikubona imvula, kepha lo mfula uyakugcwala amanzi; niyakuphuza nina, nezinkomo zenu, nezinye izilwane zenu.

18Lokhu kulula emehlweni kaJehova; uyakunikela abakwaMowabi esandleni senu.

19Niyakuchitha yonke imizi ebiyelweyo nayo yonke imizi ekhethekileyo; niyakuwisa yonke imithi emihle, nivimbe yonke imithombo yamanzi, none zonke iziqephu zomhlaba ngamatshe.

20 Kwathi ekuseni ngesikhathi sokunikela ngomnikelo wempuphu, bheka, kwafika amanzi ngasendleleni yakwa-Edomi, izwe lagcwala amanzi.

21Sebezwile bonke abakwaMowabi ukuthi amakhosi enyukile ukulwa nabo, babuthana bonke abaqale ukubhinca izikhali kuya phezulu, bema emkhawulweni.

22Bavuka ekuseni, ilanga lakhanya emanzini, abakwaMowabi bawabona amanzi malungana nabo ebomvu njengegazi;

23bathi: Lokhu kuyigazi; ngempela amakhosi alwile, abulalene enye nenye; ngalokho ekuphangeni-ke, Mowabi!

24Sebefike ekamu lika-Israyeli, abakwa-Israyeli basuka bashaya abakwaMowabi, baze babaleka ebusweni babo; bangena ezweni labo bechitha abakwaMowabi.

25Bachitha imizi, naseziqeshini zonke ezinhle zomhlaba baphonsa, kwaba yilowo nalowo itshe lakhe, bazigcwalisa; bavimba yonke imithombo yamanzi, bawisa yonke imithi emihle, kwaze kwasala amatshe aseKhiri Haresheti kuphela; kepha abezindwayimana bazungeza, balishaya.

26Yathi ibona inkosi yakwaMowabi ukuthi ukulwa kuyayahlula, yathatha abantu abangamakhulu ayisikhombisa abahosha inkemba ukufohlela enkosini yakwa-Edomi, kepha bahluleka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27 Yayisithatha izibulo layo ebeliyakubusa esikhundleni sayo, yanikela ngalo libe ngumnikelo wokushiswa phezu kogange. Abakwa-Israyeli behlelwa yintukuthelo enkulu, basuka kuyo, babuyela ezweni lakubo.

## 2 AmaKhosi 4

### Amafutha omfelokazi; u-Elisha nowesifazane waseShunemi

1 Kwakhala ku-Elisha owesifazane othile wabafazi bamadodana abaprofethi, wathi: Inceku yakho, indoda yami, ifile; wena uyazi ukuthi inceku yakho yayimesaba uJehova; sekufike umtshelekisi ukuzithathela abafana bami ababili babe yizigqila.

2 U-Elisha wathi kuye: Ngikwenzele ntoni na? Ngitshele. Unantoni endlini? Wathi: Incekukazi yakho ayinalutho endlini ngaphandle komfuma wamafutha.

3 Wayesethi: Hamba utsheleke izitsha ngaphandle kubo bonke abakhelwane bakho, izitsha ezingenalutho, zingabi yingcosana.

4 Wongena, uzivalele ngesivalo, wena namadodana akho, uthele ezitheni zonke lezo, ubeke ezigcweleyo eceleni.

5 Wasuka kuye, wazivalela yena namadodana akhe ngesivalo; wona aletha kuye, yena wathela.

6 Kwathi izitsha sezigcwele, wathi endodaneni yakhe: Sondeza kimi nesinye isitsha. Kepha yathi kuye: Akusekho sitsha. Amafutha anquma-ke.

7 Wayeseya ukumtshela lowo muntu kaNkulunkulu. Wathi yena: Hamba uthengise ngamafutha, ukhokhe isikwenetu sakho, uzondle wena namadodana akho ngaseleyo.

8 Kwathi ngelinye ilanga u-Elisha wadlulela eShunemi lapho kwakukhona owesifazane ocebileyo, wamcindezela ukuba adle isinkwa. Kwakuthi njalo nxa edlula, waphambukela khona ukuba adle.

9 Wathi endodeni yakhe: Bheka, manje sengiyazi ukuthi ungumuntu ongcwele kaNkulunkulu, odlula kithi njalonjalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Ake sixhume odongeni ikamelo phezulu, simbekele khona umbhede,
netafula, nesihlalo, nothi lwesibani; kuyakuthi lapho eza kithi, aphambukele
khona.

11Kwathi ngelinye ilanga wafika khona, waphambukela ekamelweni, walala
khona.

12Wathi kuGehazi inceku yakhe: Mbize lo mShunemikazi, wema phambi
kwakhe.

13Wathi kuye: Ake usho kuye ukuthi: Bheka, usinakekele ngakho konke lokhu
kunakekela; ungenzelwa ntoni na? Uthanda ukukhulunyelwa enkosini noma
enduneni yempi na? Wathi: Ngihlezi phakathi kwabantu bakithi.

14Wayesethi: Angenzelwa ntoni na? UGehazi wathi: Impela akanandodana,
nendoda yakhe isindala.

15Wayesethi: Mbize. Wambiza; wema emnyango.

16 Wathi: Ngalesi sikhathi ngomnyaka ozayo uyakusingatha indodana. Wathi:
Hhayi, nkosi, wena muntu kaNkulunkulu, ungaqambi amanga encekukazini
yakho.

17Kepha owesifazane wakhulelwa, wazala indodana ngaleso sikhathi
ngomnyaka olandelayo njengokusho kuka-Elisha kuye.

18Kwathi umfana esekhulile, waphuma ngelinye ilanga, waya kuyise
kubavuni.

19Wathi kuyise: Ngafa ikhanda! Ngafa ikhanda! Wayesethi encekwini yakhe:
Myise kunina.

20Yamthatha, yamyisa kunina; wahlala emathangeni akhe kwaze kwaba
semini, wafa.

21Wakhuphuka, wambeka embhedeni womuntu kaNkulunkulu, wamvalela,
waphuma.

22Wabiza indoda yakhe, wathi: Ake ungithumele enye yezinceku nenye
yezimbongolo ukuba ngigijimele kulowo muntu kaNkulunkulu, bese ngibuya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Kepha wathi: Uyelani kuye namuhla na? Akusilo olokwethwasa kwenyanga,
akusilo isabatha. Wathi: Kahle.

24Wayesebophela imbongolo, wathi encekwini yakhe: Qhuba, uhambe njalo,
ungangimisi ekuhambeni, uma ngingakutsheli.

25Wayesehamba-ke, wafika kulowo muntu kaNkulunkulu entabeni
yaseKarmeli. Kwathi lapho lowo muntu kaNkulunkulu embona esekude,
wathi kuGehazi inceku yakhe: Bheka, nanguya umShunemikazi;

26ake ugijime, umhlangabeze, uthi kuye: Usahlezi kahle na? Indoda yakho
isahlezi kahle na? Umntanakho usahlezi kahle na? Wathi: Sisahlezi kahle.

27Wafika kumuntu kaNkulunkulu entabeni, wabamba izinyawo zakhe.
UGehazi wasondela ukuba amxoshe, kepha umuntu kaNkulunkulu wathi:
Myeke, ngokuba inhliziyo yakhe imunyu phakathi kwakhe; uJehova
ungifihlele lokho, kangitshelanga.

28Wayesethi: Ngake ngacela yini indodana enkosini yami na? Angishongo yini
ukuthi: Ungangikhohlisi, na?

29 Wayesethi kuGehazi: Bhinca izikhali zakho, uthathe udondolo lwami
ngesandla sakho, uhambe; uma uhlangana nomuntu, ungambingeleli; uma
umuntu ekubingelela, ungamphenduli, ubeke udondolo lwami ebusweni
bomntwana.

30Unina womntwana wathi: Kuphila kukaJehova nokuphila kwakho,
angiyikukushiya. Wayesesuka wamlandela.

31UGehazi wadlulela ngaphambi kwabo, walubeka udondolo ebusweni
bomntwana; akwabakho zwi nakunaka. Ngalokho wabuya ukumhlangabeza,
wamtshela ukuthi: Umntwana akavukanga.

32U-Elisha esengene endlini, bheka, umntwana wayefile elele embhedeni
wakhe.

33 Wangena, wabavalela bobabili isivalo, wakhuleka kuJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34 Wakhuphuka, walala phezu komntwana, wabeka umlomo wakhe phezu komlomo wakhe, namehlo akhe phezu kwamehlo akhe, nezandla zakhe phezu kwezandla zakhe; lapho esekhothama phezu kwakhe, inyama yomntwana yafudumala.

35Wayesebuya, wahambahamba khona endlini, waya emuva, waya phambili; wakhuphuka, wakhothama phezu kwakhe; umntwana wathimula kasikhombisa; umntwana wavula amehlo akhe.

36Wayesembiza uGehazi, wathi: Mbize lowo mShunemikazi. Wambiza. Esengene kuye, wathi: Thatha indodana yakho.

37Wayesefika, wawa ngasezinyaweni zakhe, wakhothama phansi; wayithatha indodana yakhe, waphuma.

### Ukufa kwasekhanzini

38 U-Elisha wabuyela eGiligali; kwakukhona indlala kulelo zwe; amadodana abaprofethi ayehlezi phambi kwakhe; wathi encekwini yakhe: Bheka ikhanzi elikhulu, uphekele amadodana abaprofethi ukudla.

39Kwaphuma omunye, waya endle ukukha imifino, wafumana intandela yasendle, wabutha kuyo izintangazane; yagcwala ingubo yakhe; wafika, waziklabelela ekhanzini lokudla, ngokuba babengazazi.

40Base bethululela abantu ukuba badle. Kwathi besadla lokho kudla, bakhala bathi: We muntu kaNkulunkulu, kukhona ukufa ekhanzini. Babengasenakudla.

41Kepha wathi: Lethani impuphu. Wayiphonsa ekhanzini, wathi: Thululela abantu ukuba badle. Kwakungasekho okubi ekhanzini.

### U-Elisha usuthisa abantu abayikhulu

42 Kwavela umuntu waseBali Shalisha, walethela lo muntu kaNkulunkulu ukudla kolibo, izinkwa zebhali ezingamashumi amabili nezikhwebu ezintsha zamabele enqalathini yakhe. Wathi: Banike abantu ukuba badle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

43 Kepha isikhonzi sakhe sathi: Uthini? Ngibeke lokhu phambi kwabantu abayikhulu na? Wathi: Banike ukuba badle, ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Bayakudla, kusale.

44 Sase sikubeka phambi kwabo; badla, kwasala njengezwi likaJehova.

## 2 AmaKhosi 5

### U-Elisha uphilisa uNahamani

1 UNahamani induna yempi yenkosi yase-Aramu wayengumuntu omkhulu phambi kwenkosi yakhe, otusekayo, ngokuba uJehova wayenikile i-Aramu ukunqoba ngaye; futhi wayeyiqhawe elinamandla, kepha wayenochoko.

2 Ama-Aramu ayephumile ngamaviyo, abuya ezweni lakwa-Israyeli enentombazana encane; yayiyincekukazi yomkaNahamani.

3 Yathi enkosikazini yayo: Sengathi inkosi yami ingaba phambi komprofethi oseSamariya; khona ibiyakuphiliswa ochokweni lwayo.

4 Yangena, yatshela inkosi yayo, yathi: Intombazana yasezweni lakwa-Israyeli yasho ukuthi nokuthi.

5 Inkosi yase-Aramu yayisithi: Yiya khona; ngizakuthuma incwadi enkosini yakwa-Israyeli. Wasuka, wahamba namatalenta ayishumi esiliva nezinhlamvu eziyizinkulungwane eziyisithupha zegolide, nezingubo eziyishumi zokuphendulela.

6 Waletha incwadi enkosini yakwa-Israyeli, ethi: Manje, lapho le ncwadi ifika kuwe, bheka, ngithumile uNahamani inceku yami kuwe ukuba umphilise ochokweni lwakhe.

7 Kwathi inkosi yakwa-Israyeli isiyifundile incwadi, yaklebhula izingubo zayo, yathi: Mina nginguNkulunkulu yini ukuba ngibulale, ngiphilise, ukuze lo athumele kimi umuntu ukumphilisa ochokweni lwakhe, na? Ake niqonde, nibone ukufuna kwakhe ithuba lokulwa nami.

8 Kwathi u-Elisha umuntu kaNkulunkulu esezwile ukuthi inkosi yakwa-Israyeli iklebhulile izingubo zayo, wathumela enkosini, wathi: Uklebhuleleni izingubo zakho na? Makeze kimi, aze azi ukuthi kukhona umprofethi kwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

9Wayesefika uNahamani namahhashi akhe nezinqola zakhe, wema
ngasemnyango wendlu ka-Elisha.

10 U-Elisha wathuma isithunywa kuye ngokuthi: Hamba ugeze kasikhombisa
eJordani; kuyakuthi inyama ibuyele kuwe, uhlambuluke.

11Kepha uNahamani wathukuthela, wahamba, wathi: Bheka, bengithi
uyakuphumela nokuphumela kimi, eme abize igama likaJehova uNkulunkulu
wakhe, aphunge ngesandla sakhe phezu kwaleyo ndawo, aphilise onochoko.

12O-Abana noFariphari, imifula yaseDamaseku, abangcono kunawo onke
amanzi akwa-Israyeli na? Ngingegeze kuyo yini, ngihlambuluke, na?
Wayesephenduka, wahamba ethukuthele.

13Kepha izinceku zasondela, zakhuluma kuye, zathi: Baba, uma umprofethi
ebekhulume kuwe into enkulu, ngabe ungayenzanga na? Kakhulu
kangakanani, uma ethi kuwe: Geza, uhlambuluke, na?

14Wayesehla, wazicwilisa kasikhombisa eJordani njengezwi lomuntu
kaNkulunkulu; inyama yakhe yabuya yaba njengenyama yomntwana
omncane, wahlambuluka.

15Wayesebuyela kulowo muntu kaNkulunkulu, yena nabantu bakhe bonke,
weza, wema phambi kwakhe, wathi: Bheka, sengiyazi ukuthi akakho
uNkulunkulu emhlabeni wonke, kwa-Israyeli kuphela; ngakho ake wamukele
isipho encekwini yakho.

16Kepha wathi: Kuphila kukaJehova engimi phambi kwakhe,
angiyikwamukela lutho. Wamncengisisa ukuba asamukele, wenqaba kodwa.

17Wayesethi uNahamani: Uma kunjalo, inceku yakho mayinikwe umthwalo
weminyuzi emibili womhlabathi, ngokuba inceku yakho ayisayikunikela
ngomnikelo wokushiswa nomhlatshelo kwabanye onkulunkulu, kuJehova
kuphela.

18Kule nto uJehova makayithethelele inceku yakho: ekungeneni kwenkosi
yami endlini kaRimoni ukukhuleka khona, isencika esandleni sami, ngiguqe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

nami endlini kaRimoni, lapho ngiguqa endlini kaRimoni, uJehova makayithethelele inceku yakho le nto.

19Wathi kuye: Hamba ngokuthula. Wahamba, wasuka kuye ibangana.

**Isono sikaGehazi nesijeziso sakhe**

20Kepha uGehazi inceku ka-Elisha umuntu kaNkulunkulu wathi: Bheka, inkosi yami imyekile uNahamani lo wase-Aramu ngokungamukeli ezandleni zakhe akulethayo; kuphila kukaJehova, ngiyakugijima, ngimlandele, ngithathe into kuye.

21UGehazi wamlandela-ke uNahamani. UNahamani wathi ukumbona umuntu egijima emva kwakhe, wehlika enqoleni ukumhlangabeza, wathi: Nisahlezi kahle na?

22Wathi: Sisahlezi kahle. Inkosi yami ingithumile ngokuthi: Bheka, manje kufike kimi izinsizwa ezimbili zamadodana abaprofethi zivela ezintabeni zakwa-Efrayimi; ake uzinike italenta lesiliva nezingubo ezimbili zokuphendulela.

23UNahamani wathi: Vuma, wamukele amatalenta amabili. Wamncengisisa, wabopha amatalenta amabili esiliva ezinqalathini ezimbili kanye nezingubo ezimbili zokuphendulela, wakunikela ezincekwini zakhe ezimbili; zakuthwala phambi kwakhe.

24Esefike egqumeni wakuthatha esandleni sazo, wakubeka endlini, wavumela abantu ukuba bahambe; basuka.

25Kepha yena wangena, wema phambi kwenkosi yakhe. U-Elisha wathi kuye: Uvelaphi, Gehazi? Wathi: Inceku yakho ayiyanga ndawo.

26Wayesethi: Ayiyanga yini inhliziyo yami, lapho lowo muntu ephenduka enqoleni yakhe ukukuhlangabeza, na? Sekuyisikhathi sokwamukela izingubo, neminqumo, nezivini, nezimvu, nezinkabi, nezinceku, nezincekukazi, na?

27 Uchoko lukaNahamani luyakunamathela kuwe nasenzalweni yakho kuze kube phakade. Wayesephuma yena ebusweni bakhe enochoko, emhlophe njengeqhwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## 2 AmaKhosi 6

### U-Elisha nembazo elahlekileyo. Impi nama-Aramu

1 Amadodana abaprofethi athi ku-Elisha: Bheka, indawo esihlezi kuyo phambi
kwakho, siminyene kuyo.

2Masihambe siye eJordani, sithathe khona, kube yilowo nalowo umshayo ube
munye, senzele khona indawo esingahlala kuyo. Wathi: Hambani.

3Kepha omunye wathi: Vuma uhambe nezinceku zakho. Wathi:
Ngiyakuhamba.

4Wayesehamba nabo. Sebefike eJordani bagawula imithi.

5Kwathi lapho omunye esegawula umshayo, insimbi yawela emanzini;
wakhala wathi: Maye, nkosi! Ibitshelekiwe!

6Wathi lowo muntu kaNkulunkulu: Iwelephi na? Wamkhombisa indawo.
Wayesenquma uthi, waluphonsa khona, insimbi yantanta.

7Wayesethi: Yikhuphule. Welula isandla sakhe, wayithatha.

8Inkosi yase-Aramu yayisilokhu ilwa no-Israyeli; yelulekana nezinceku zayo
ngokuthi: Ukumisa kwami kuyakuba sekuthinithini.

9Umuntu lowo kaNkulunkulu wathumela enkosini yakwa-Israyeli, wathi:
Qaphela ukuba ungadluli kuleyo ndawo, ngokuba ama-Aramu aseyaphumula
khona.

10Inkosi yakwa-Israyeli yayisithuma umuntu kaNkulunkulu kuleyo ndawo
ayishoyo, wayixwayisa ngayo, yaqaphela kungekanye, kungekabili kuphela.

11Inhliziyo yenkosi yase-Aramu yayiphethwe yitwetwe ngale ndaba, yabiza
izinceku zayo, yathi kuzo: Ningengitshele yini ukuthi ngobani abakithi
abavuma inkosi yakwa-Israyeli na?

12Enye yezinceku zayo yathi: Hhayi, nkosi yami, nkosi, kodwa u-Elisha,
umprofethi wakwa-Israyeli, uyayitshela inkosi yakwa-Israyeli amazwi
owakhulumayo ekamelweni lakho lokulala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Yayisithi: Hamba ubone ukuthi uphi ukuba ngithumele ngimlande. Watshelwa ukuthi: Bheka, useDothani.

14Wathuma khona amahhashi, nezinqola, nempi enkulu; bafika ebusuku, bakaka umuzi nxazonke.

15Isikhonzi somuntu kaNkulunkulu sesivukile ekuseni, saphuma, bheka, impi enamahhashi nezinqola yayiwukakile umuzi. Yayisithi inceku kuye: Maye, nkosi! Sesiyakwenze njani?

16 Wathi: Ungesabi, ngokuba abanathi baningi kunabanabo.

17 U-Elisha wakhuleka, wathi: Jehova, ake uvule amehlo ayo ukuba ibone. UJehova wavula-ke amehlo aleyo nceku, yabona; bheka, intaba yayigcwele amahhashi nezinqola zomlilo nxazonke zakhe u-Elisha.

18 Sebehlela kuye, u-Elisha wakhuleka kuJehova, wathi: Mawushaye lesi sizwe ngobumpumputhe. Wasishaya ngobumpumputhe njengezwi lika-Elisha.

19Wayesethi u-Elisha kubo: Le akusiyo indlela, nalona akusiwo umuzi; ngilandeleni, nginiyise kumuntu enimfunayo. Wabayisa eSamariya.

20Kwathi sebefike eSamariya, u-Elisha wathi: Jehova, vula amehlo alaba bantu ukuba babone. UJehova wavula amehlo abo, babona; bheka, base bephakathi kweSamariya.

21Inkosi yakwa-Israyeli yathi ku-Elisha, isibabonile: Baba, ngibabulale na? Ngibabulale na?

22Kepha wathi: Awuyikubabulala; ungababulala yini labo obathumbile ngenkemba yakho nangomnsalo wakho na? Beka isinkwa namanzi phambi kwabo ukuba badle, baphuze, baye enkosini yabo.

23Yayisibalungisela idili, badla, baphuza; yabavumela ukuba bahambe, baya enkosini yabo. Amaviyo ama-Aramu awabe esaphinda ukungena ezweni lakwa-Israyeli.

**Indlala yaseSamariya**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Kwathi emva kwalokho uBeni Hadadi, inkosi yase-Aramu, wabutha yonke impi yakhe, wenyuka, wavimbezela iSamariya.

25 Kwaba khona indlala enkulu eSamariya; bheka, balivimbezela kwaze kwathengiswa ngekhanda lembongolo ngezinhlamvu ezingamashumi ayisishiyagalombili zesiliva nokwesine kwesigaxa somswani wejuba ngezinhlamvu eziyisihlanu zesiliva.

26 Kwathi inkosi yakwa-Israyeli idlula phezu kogange, kwamemeza kuyo owesifazane, wathi: Siza, nkosi yami, nkosi.

27 Kepha yathi: Uma uJehova engakusizi, mina ngingatholaphi usizo na? Esibuyeni noma esikhamweni sewayini na?

28 Yayisithi inkosi kuye: Unani na? Wathi: Lo wesifazane wathi kimi: Letha indodana yakho ukuba siyidle namuhla, sidle indodana yami kusasa.

29 Sase siyipheka indodana yami, sayidla; ngase ngithi kuye ngosuku olulandelayo: Letha indodana yakho ukuba siyidle; wayeseyifihlile indodana yakhe.

30 Kwathi inkosi isizwile amazwi alo wesifazane, yaklebhula izingubo zayo isadlula phezu kogange; abantu babuka, bheka, yayinendwangu yamasaka phansi emzimbeni wayo.

31 Yathi: UNkulunkulu makenze njalo, enezele futhi, uma ikhanda lika-Elisha, indodana kaShafati, liyakube lisekuye namuhla.

32 Yayisithuma umuntu phambi kwayo, u-Elisha esahlezi endlini yakhe, namalunga ehlezi naye; kepha, singakafiki kuye isithunywa, wathi emalungeni: Niyabona yini ukuthi le ndodana yombulali ithumele ukunquma ikhanda lami na? Bhekani, ekufikeni kwesithunywa manivale isivalo, nisibuyisele emuva isithunywa ngesivalo; angithi izigqi zezinyawo zenkosi yaso zisemva kwaso na?

33 Esakhuluma nawo, bheka, inkosi yehlela kuye; yathi: Bheka, lobu bubi buvela kuJehova; ngisamhlalelelani uJehova na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## 2 AmaKhosi 7

1Wayesethi u-Elisha: Zwanini izwi likaJehova; usho kanje uJehova, uthi: Kusasa ngalesi sikhathi iseya lempuphu ecolekileyo liyakuthengiswa ngeshekeli, namaseya amabili ebhali ngeshekeli esangweni laseSamariya.

2Induna inkosi eyencika esandleni sayo yaphendula umuntu kaNkulunkulu, yathi: Bheka, uma uJehova enza amafasitele ezulwini, le nto ingenzeka kanjani na? Wathi: Bheka, uyakukubona ngamehlo akho, ungadli kukho kodwa.

### Abanochoko basemnyango waseSamariya. Ukubaleka kwama-Aramu

3 Kwakukhona esikhaleni sesango abantu abane abanochoko; bathi omunye komunye: Sihlalelani lapha size sife na?

4Uma sithi: Siyakungena emzini, indlala isemzini, siyakufela khona; uma sihlezi lapha, siyakufa futhi. Ngalokho masihambe sisukele ikamu lama-Aramu; uma esiyeka, siyakuphila; uma esibulala, siyakufa.

5Basuka kuhwelela, baya ekamu lama-Aramu; sebefike emaphethelweni ekamu lama-Aramu, bheka, kwakungekho muntu lapho.

6 INkosi ibiyizwisile impi yama-Aramu umsindo wezinqola, nomsindo wamahhashi, nomsindo wempi enkulu aze akhuluma omunye komunye ngokuthi: Bheka, inkosi yakwa-Israyeli isiqashele amakhosi amaHeti namakhosi aseGibithe ukuba asifikele.

7Ayesesuka, abaleka kuhwelela, ashiya amatende awo, namahhashi awo, nezimbongolo zawo, nekamu linjengalokhu linjalo, abaleka ukuba asinde.

8Labo abanochoko sebefike emaphethelweni ekamu, bangena kwelinye itende, badla, baphuza, basusa khona isiliva, negolide, nezingubo, baya bakuthukusa; babuya, bangena kwelinye itende, basusa nakhona, baya bakuthukusa.

9Base bethi omunye komunye: Asenzi kahle. Lolu suku lwanamuhla lungusuku lwentokozo; uma sithula nje silinda kuze kube sekuntweleni kokusa, siyakuficwa yicala; ngalokho masihambe, sitshele indlu yenkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Base behamba, babiza abalindisango bomuzi, babatshela ukuthi: Sike safika
ekamu lama-Aramu; bheka, kwakungekho muntu lapho, nazwi lomuntu,
kuphela ngamahhashi aboshiweyo, nezimbongolo eziboshiweyo, namatende
enjengalokhu enjalo.

11Abalindisango bamemeza, babikela indlu yenkosi ngaphakathi.

12Inkosi yavuka phakathi kobusuku, yathi ezincekwini zayo: Ake nginitshele
lokhu ama-Aramu asenzela khona. Ayazi ukuthi silambile; ngalokho
aphumile ekamu ukuba acashe, ethi: Lapho bephuma emzini, siyakubabamba
besezwa, singene emzini.

13Enye yezinceku zayo yaphendula yathi: Makuthathwe amahhashi ayisihlanu
aseleyo, asele lapha bheka, anjengesixuku sonke sakwa-Israyeli esisele lapha,
anjengesixuku sonke sakwa-Israyeli esesiphelile sithumele, sibone.

14Bathatha izinqola ezimbili namahhashi; inkosi yathumela emva kwempi
yama-Aramu ngokuthi: Hambani nibone.

15Bawalandela baze bafika eJordani; bheka, yonke indlela yayigcwele
izingubo nezimpahla ama-Aramu ayezilahlile ekubalekeni kwawo.
Izithunywa zabuya, zayitshela inkosi.

16Abantu baphuma, baphanga ikamu lama-Aramu. Iseya lempuphu
ecolekileyo lathengiswa ngeshekeli, namaseya amabili ebhali ngeshekeli
njengezwi likaJehova.

17Inkosi yabeka esangweni induna eyencika esandleni sayo; abantu
bayinyathela esangweni, yafa njengokusho kwalowo muntu kaNkulunkulu
akukhuluma ekwehleleni kwenkosi kuye.

18Kwathi lowo muntu kaNkulunkulu esekhulumile enkosini ngokuthi:
Kuyakuba ngamaseya amabili ebhali ngeshekeli neseya lempuphu ecolekileyo
ngeshekeli ngalesi sikhathi kusasa esangweni laseSamariya,

19induna yaphendula umuntu kaNkulunkulu, yathi: Bheka, noma uJehova
ewenza amafasitele ezulwini, le nto ingenzeka na? Wathi: Bheka,
uyakukubona ngamehlo akho, ungadli kukho kodwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Kwaba njalo kuyo: abantu bayinyathela esangweni, yafa.

## 2 AmaKhosi 8

### Iminyaka eyisikhombisa yendlala

[1] U-Elisha wayekhulumile nowesifazane ondodana yakhe ayivusile ngokuthi: Suka uhambe wena nabendlu yakho, uhlale lapho ungahlala khona, ngokuba uJehova umemezele indlala, futhi iyakufika ezweni iminyaka eyisikhombisa.

[2]Wasuka lowo wesifazane, wenza njengezwi lomuntu kaNkulunkulu; wahamba nabendlu yakhe, wagogobala ezweni lamaFilisti iminyaka eyisikhombisa.

[3]Kwathi ngasekupheleni kweminyaka eyisikhombisa lowo wesifazane wabuya ezweni lamaFilisti; waphuma, wazikhalela enkosini ngendlu yakhe nangezwe lakhe.

[4]Inkosi yayisilokhu ikhuluma noGehazi inceku yomuntu kaNkulunkulu ukuthi: Ake ungilandise zonke izinto ezinkulu azenzileyo u-Elisha.

[5]Kwathi esayilandisa inkosi ukuthi uvusile ofileyo, bheka, owesifazane ondodana yakhe ayivusileyo wakhala enkosini ngendlu yakhe nangezwe lakhe. Wayesethi uGehazi: Nkosi yami, nkosi, yilo owesifazane, yile indodana yakhe u-Elisha ayivusileyo.

[6]Inkosi yayisimbuza owesifazane, wayilandisa. Inkosi yammisela induna ethile ngokuthi: Buyisa konke okwakungokwakhe nazo zonke izithelo zensimu, kusukela osukwini owasuka ngalo ezweni kuze kube manje.

### UHazayeli uyinkosi e-Aramu

[7]Wayesefika u-Elisha eDamaseku; uBeni Hadadi inkosi yase-Aramu wayegula; watshelwa ukuthi: Umuntu kaNkulunkulu ufikile lapha.

[8]Inkosi yayisithi kuHazayeli: Zithathele ngesandla sakho izipho, uhambe umhlangabeze lowo muntu kaNkulunkulu, ubuze kuJehova ngaye ukuthi: Ngiyakusinda kulesi sifo na?

[9]Wayesehamba uHazayeli ukumhlangabeza, wazithathela ngesandla sakhe izipho ezintweni zonke ezinhle zaseDamaseku, imithwalo yamakamela

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

angamashumi amane, weza wema phambi kwakhe, wathi: Indodana yakho uBeni Hadadi, inkosi yase-Aramu, ingithumile kuwe ngokuthi: Ngiyakusinda kulesi sifo na?

10U-Elisha wathi kuye: Hamba, uthi kuye: Uyakusinda nokusinda, kodwa uJehova ungibonisile ukuthi ngempela uyakufa nokufa.

11U-Elisha wayesemgqolozela, UHazayeli waze waba namahloni. Wayeseqhumuka ekhala umuntu kaNkulunkulu.

12 UHazayeli wathi: Inkosi yami ikhalelani na? Yathi: Ngokuba ngiyazi okubi oyakukwenza kubantwana bakwa-Israyeli; uyakuthungela izinqaba zabo ngomlilo, ubulale izinsizwa zabo ngenkemba, uphahlaze izingane zabo, uqaqe abesifazane babo abakhulelweyo.

13 Kepha uHazayeli wathi: Kodwa iyini inceku yakho eyinja nje ukuba yenze le nto enkulu na? Wathi u-Elisha: UJehova ungibonisile ukuthi uyakuba yinkosi e-Aramu.

14Wayesesuka ku-Elisha, weza enkosini yakhe; yathi kuye: Utheni kuwe na? Wathi: Uthe kimi uyakusinda nokusinda.

15Kepha kwathi ngangomuso wathatha indwangu embozayo, wayicwilisa emanzini, wayimboza ubuso ngayo, yafa; uHazayeli waba yinkosi esikhundleni sayo.

**OJehoramu no-Ahaziya bangamakhosi kwaJuda**

16 Ngomnyaka wesihlanu kaJoramu indodana ka-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli, uJehoshafati eyinkosi kwaJuda, uJehoramu, indodana kaJehoshafati, inkosi yakwaJuda, waba yinkosi.

17Wayeneminyaka engamashumi amathathu nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa; wabusa iminyaka eyisishiyagalombili eJerusalema.

18Wahamba ngendlela yamakhosi akwa-Israyeli njengokwenza kwendlu ka-Ahabi, ngokuba indodakazi ka-Ahabi yayingumkakhe; wenza okubi emehlweni kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Kepha uJehova akathandanga ukuchitha uJuda ngenxa kaDavide inceku yakhe njengokusho kwakhe kuye ukuthi uyakumnika yena nabantwana bakhe isibani izinsuku zonke.

20 Emihleni yakhe u-Edomi wahlubuka phansi kwesandla sakwaJuda, wazibekela inkosi.

21 UJoramu wayesewelela eSayiri, nazo zonke izinqola zakhe zinaye; wavuka ebusuku, wamchitha u-Edomi omhaqileyo nxazonke, nezinduna zezinqola, kepha abantu babalekela ematendeni abo.

22 Wahlubuka-ke u-Edomi phansi kwesandla sakwaJuda kuze kube namuhla. Khona lahlubuka neLibina ngasona leso sikhathi.

23 Ezinye izindaba zikaJoramu nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

24 UJoramu wayeselala koyise, wembelwa koyise emzini kaDavide; u-Ahaziya indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

25 Ngomnyaka weshumi nambili kaJoramu indodana ka-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli u-Ahaziya indodana kaJehoramu inkosi yakwaJuda waba yinkosi.

26 U-Ahaziya waba yinkosi eneminyaka engamashumi amabili nambili, wabusa umnyaka eJerusalema; igama likanina lalingu-Athaliya, indodakazi ka-Omri inkosi yakwa-Israyeli.

27 Wahamba ngendlela yendlu ka-Ahabi, wenza okubi emehlweni kaJehova njengokwenza kwendlu ka-Ahabi, ngokuba wayengumkhwenyana wendlu ka-Ahabi.

28 Wahamba noJoramu, indodana ka-Ahabi, ukuba alwe noHazayeli inkosi yase-Aramu eRamoti Gileyadi; ama-Aramu amlimaza uJoramu.

29 Inkosi uJoramu yabuyela ukwelashwa eJizreyeli emanxebeni ayo ayemlimaze wona ama-Aramu eRama ekulweni kwayo noHazayeli inkosi yase-Aramu. U-Ahaziya, indodana kaJehoramu, inkosi yakwaJuda, wehlela ukumbona uJoramu, indodana ka-Ahabi eJizreyeli, ngokuba wayegula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## 2 AmaKhosi 9

### UJehu uyinkosi kwa-Israyeli

[1]U-Elisha umprofethi wabiza enye yamadodana abaprofethi, wathi kuyo: Khwica, uphathe lo mfuma wamafutha esandleni sakho, uye eRamoti Gileyadi.

[2] Ekufikeni kwakho khona, wofuna uJehu indodana kaJehoshafati kaNimishi, ungene, umsukumise phakathi kwabafowabo, umyise ekamelweni elingaphakathi.

[3]Bese wuthatha umfuma wamafutha, uwathele ekhanda lakhe, uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Ngikugcobile ube yinkosi kwa-Israyeli. Bese wuvula umnyango, ubaleke, ungalibali.

[4]Yayisihamba leyo nsizwa, insizwa engumprofethi, yaya eRamoti Gileyadi.

[5]Ekufikeni kwayo, bheka, izinduna zempi zazihlezi; yathi: Nginendaba kuwe nduna. Wathi uJehu: Kubani phakathi kwethu sonke na? Yathi-ke: Kuwena nduna.

[6] Yasukuma, yangena endlini; yathela amafutha ekhanda lakhe, yathi kuye: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Ngikugcobile ube yinkosi yabantu bakaJehova kwa-Israyeli.

[7] Uyakuchitha indlu ka-Ahabi inkosi yakho ukuba ngiphindisele igazi lezinceku zami abaprofethi negazi lezinceku zonke zikaJehova esandleni sika-Izebeli.

[8] Yonke indlu ka-Ahabi iyakubhubha; ngiyakunquma ku-Ahabi wonke umlisa, omncane nomkhulu.

[9] Ngiyakwenza indlu ka-Ahabi ibe njengendlu kaJerobowamu indodana kaNebati nanjengendlu kaBahasha indodana ka-Ahiya.

[10]Izinja ziyakumudla u-Izebeli esiqeshini sezwe laseJizreyeli; akuyikubakho muntu wokummbela. Yayisivula umnyango, yabaleka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

11 UJehu waphumela ezincekwini zenkosi yakhe; enye yathi kuye: Konke kusalungile na? Luzeleni lolo hlanya kuwe na? Wathi kuzo: Nina niyamazi lowo muntu nakukhulumileyo.

12 Kepha zathi: Amanga; ake usitshele. Wayesethi: Wakhuluma kimi ukuthi nokuthi, ethi: Usho kanje uJehova, uthi: Sengikugcobile ube yinkosi kwa-Israyeli.

13 Zase zishesha, zathatha, kwaba yileyo naleyo ingubo yayo, zazibeka phansi kwakhe esikhwelweni, zabetha icilongo, zathi: UJehu uyinkosi.

14 UJehu, indodana kaJehoshafati, kaNimishi, wamenzela ugobe uJoramu -- uJoramu wayelinda eRamoti Gileyadi, yena naye wonke u-Israyeli ngenxa kaHazayeli, inkosi yase-Aramu;

15 kepha inkosi uJoramu yayibuyele eJizreyeli ukuba yelashwe emanxebeni ayo eyayilinyazwe wona ngama-Aramu ekulweni kwayo noHazayeli, inkosi yase-Aramu, uJehu wathi: Uma kungumqondo wenu lokhu, makungabaleki muntu, aphume emzini, aye ukubika eJizreyeli.

16 UJehu wayesekhwela inqola, waya eJizreyeli, ngokuba uJoramu wayelele lapho. U-Ahaziya, inkosi yakwaJuda, wayehlele ukumbona uJoramu.

17 Umlindi owayemi embhoshongweni waseJizreyeli wabona iviyo likaJehu lisafika, wathi: Ngibona iviyo. UJoramu wathi: Zithathele owehhashi umthume ukubahlangabeza ngokuthi: Kusahleziwe kahle na?

18 Owehhashi wayesehamba ukumhlangabeza, wathi: Isho kanje inkosi, ithi: Kusahleziwe kahle na? UJehu wathi: Unandabani nokuhlala kahle na? Buyela emva kwami. Wayesebika umlindi, ethi: Isithunywa safika kubo, kepha asibuyanga.

19 Wayesethuma owehhashi wesibili owaya kubo, wathi: Isho kanje inkosi, ithi: Kusahleziwe kahle na? Wathi uJehu: Unandabani nokuhlala kahle na? Buyela emva kwami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

20 Umlindi wabika wathi: Sifikile kubo, kepha asibuyi; ukuqhuba kufana nokuqhuba kukaJehu indodana kaNimishi; ngokuba uqhuba kungathi uyahlanya.

21 Wayesethi uJoramu: Bophela. Babophela-ke inqola yakhe. UJoramu inkosi yakwa-Israyeli no-Ahaziya inkosi yakwaJuda baphuma, kwaba yilowo nalowo ngenqola yakhe, baphuma ukumhlangabeza uJehu, bamfumana esiqeshini sezwe likaNaboti waseJizreyeli.

22 Kwathi uJoramu esembonile uJehu, wathi: Kusahleziwe kahle, Jehu, na? Wathi: Ukuhlala kahle kuni, kuse kuningi ukufeba nokulumba kukanyoko u-Izebeli, na?

23 UJoramu wayesephenduka wabaleka, wathi ku-Ahaziya: Ngugobe, Ahaziya!

24 UJehu wayesensala umnsalo ngamandla akhe onke, wamcibishela uJoramu phakathi kwamahlombe akhe, umcibisholo waphuma ngasenhliziyweni yakhe, wawela phansi enqoleni yakhe.

25 Wayesethi kuBidikari, induna yakhe: Mthathe, umntshinge esiqeshini sezwe likaNaboti waseJizreyeli, ngokuba khumbula ukuthi, lapho mina nawe sasigibela sobabili emva kuka-Ahabi uyise, uJehova wamthwesa lolu daba

26 lokuthi: Impela ngibone izolo igazi likaNaboti negazi lamadodana akhe, usho uJehova; ngiyakukuphindisela kulesi siqephu, usho uJehova. Ngalokho mthathe, umntshinge kulesi siqephu njengezwi likaJehova.

27 U-Ahaziya, inkosi yakwaJuda, esebone lokho wabaleka ngendlela yendlu yasensimini. Kepha uJehu wamlandela, wathi: Mbulaleni naye enqoleni yakhe. Benze njalo-ke ngasemmangweni waseGuri ongaseJibileyamu. Wabalekela eMegido, wafela khona.

28 Izinceku zakhe zamyisa ngenqola eJerusalema, zammbela ethuneni lakhe kanye nawoyise emzini kaDavide.

29 Ngomnyaka weshumi nanye kaJoramu indodana ka-Ahabi u-Ahaziya waba yinkosi kwaJuda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30UJehu esefikile eJizreyeli, u-Izebeli wakuzwa, wagqaba amehlo akhe,
wahlobisa ikhanda lakhe, walunguza efasiteleni.

31 UJehu esengena esangweni wathi: Kusahleziwe kahle wena Zimri, mbulali
wenkosi yakho, na?

32Waphakamisela ubuso bakhe ngasefasiteleni, wathi: Ubani onami na?
Ngubani? Kwase kulunguza kuye izinduna ezimbili noma ezintathu.

33Wathi: Mphonseni phansi. Zamphonsa; igazi lakhe lasaphazeka odongeni
nasemahhashini; wamnyathela phansi kwezinyawo zakhe.

34 Wangena, wadla, waphuza; wayesethi: Mbhekeni lo mqalekiswakazi,
nimmbele, ngokuba uyindodakazi yenkosi.

35Baya ukummbela, kepha abafumananga lutho kuye, kuphela inhloko,
nezinyawo, nezintende zezandla.

36 Babuya, bamtshela. Wathi: Nanti izwi likaJehova owalikhuluma ngesandla
senceku yakhe u-Eliya waseThishibi, ethi: Esiqeshini sezwe laseJizreyeli izinja
ziyakuyidla inyama ka-Izebeli;

37isidumbu sika-Izebeli siyakuba njengomquba ebusweni bomhlaba esiqeshini
sezwe laseJizreyeli ukuba bangasho ukuthi: Nangu u-Izebeli.

## 2 AmaKhosi 10

### UJehu uyachitha indlu ka-Ahabi: uqothula izinceku zikaBali

1U-Ahabi wayenamadodana angamashumi ayisikhombisa eSamariya. UJehu
waloba izincwadi, wazithuma eSamariya ezinduneni zaseJizreyeli kumalunga
nakubondli bakwa-Ahabi, wathi:

2 Manje njengalokhu le ncwadi ifika kinina, lokhu amadodana enkosi yenu
ekini, kukhona futhi kini izinqola namahhashi, kanye nomuzi obiyelweyo,
nezikhali,

3ziboneleni enhle nefaneleyo kumadodana enkosi yenu, niyibeke esihlalweni
sobukhosi sikayise, nilwele indlu yenkosi yenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Kepha besaba kakhulu impela, bathi: Bheka, amakhosi amabili awemanga phambi kwakhe; pho, thina singema kanjani na?

5 Umphathi wendlu nomphathi womuzi kanye namalunga nabondli bathumela kuJehu, bathi: Siyizinceku zakho, siyakwenza konke oyakusitshela khona; asiyikwenza muntu abe yinkosi; yenza okuhle emehlweni akho.

6 Wayeseloba incwadi yesibili kubo, ethi: Uma ninami, nilalela izwi lami, thathani amakhanda alaba bantu, amadodana enkosi yenu, nize kimi eJizreyeli ngalesi sikhathi kusasa. Amadodana enkosi engabantu abangamashumi ayisikhombisa ayekwabakhulu bomuzi ababewondla.

7 Kwathi incwadi isifikile kubo, bawathatha amadodana enkosi, bawabulala, abantu abangamashumi ayisikhombisa, babeka amakhanda awo emaqomeni, bawathuma kuye eJizreyeli.

8 Kwafika isithunywa, samtshela ukuthi: Balethile amakhanda amadodana enkosi. Wathi: Wabekeni abe yizinqwaba ezimbili ngasesikhaleni sesango kuze kube sekuseni.

9 Kwathi ekuseni waphuma, wema, wathi kubantu bonke: Nina nilungile; bhekani, mina ngenzele inkosi yami ugobe, ngayibulala, kepha ngubani ogence bonke laba na?

10 Qaphelani manje ukuthi akuyikuwela phansi lutho lwezwi likaJehova alikhulumayo uJehova ngendlu ka-Ahabi; uJehova wenzile lokho akukhulumayo ngesandla senceku yakhe u-Eliya.

11 UJehu wayesebulala bonke abaseleyo bendlu ka-Ahabi eJizreyeli, nabo bonke abakhulu bakhe, nabazana naye, nabapristi bakhe, waze wangamshiyela noyedwa owasalayo.

12 Wayesesuka, wahamba waya eSamariya; kwathi esendlini yokugunda kwabelusi endleleni,

13 uJehu wafumana abafowabo baka-Ahaziya inkosi yakwaJuda, wathi: Nina ningobani na? Bathi: Singabafowabo baka-Ahaziya; siyehla ukubingelela abantwana benkosi nabantwana benkosikazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14Wathi: Babambeni besaphila. Babathatha besaphila, bababulala ngasemgodini wendlu yokugunda, abantu abangamashumi amane nambili; kashiyanga muntu kubo.

15 Esesukile khona wafumana uJehonadaba indodana kaRekabi eza ukumhlangabeza; wambingelela, wathi kuye: Inhliziyo yakho ilungelene nenhliziyo yami njengeyami ilungelene neyakho na? Wathi uJehonadaba: Yebo. Wathi uJehu: Uma kunjalo, nginike isandla sakho. Wamnika isandla sakhe, wamkhwelisa enqoleni yakhe.

16Wayesethi: Hamba nami, ubone ukushisekela kwami uJehova. Base bemkhwelisa enqoleni yakhe.

17Esefike eSamariya wabulala bonke abaseleyo baka-Ahabi eSamariya, waze wamqeda njengezwi likaJehova alikhuluma ku-Eliya.

18 UJehu wabutha bonke abantu, wathi kubo: U-Ahabi wamkhonza uBali kancane, kepha uJehu uyakumkhonza kakhulu.

19Ngalokho ngibizele bonke abaprofethi bakaBali, zonke izinceku zakhe, nabo bonke abapristi bakhe, kungasali muntu, ngokuba nginomhlatshelo omkhulu kuBali; bonke abafunyaniswa bengekho abayikuphila. Kepha uJehu wakwenza ngobuqili ukuba abhubhise izinceku zikaBali.

20Wayesethi uJehu: Mngcweliseleni uBali umhlangano womkhosi. Bawumemezela-ke.

21UJehu wathumela ku-Israyeli wonke; zonke izinceku zikaBali zafika, akwaze kwasala muntu ongafikanga; zangena endlini kaBali, indlu kaBali yagcwala yathi swi, kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni.

22Wathi kumphathi wekamelo lezambatho: Zikhiphele zonke izinceku zikaBali izambatho. Wazikhiphela izambatho.

23Wayesengena uJehu noJehonadaba indodana kaRekabi endlini kaBali; wathi ezincekwini zikaBali: Cingani, nibone ukuba kungabikho kini lapha noyedwa wezinceku zikaJehova, izinceku zikaBali kuphela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Bangena ukunikela ngemihlatshelo nangeminikelo yokushiswa. UJehu wayezimisele ngaphandle abantu abangamashumi ayisishiyagalombili, wathi: Uma kuphunyuka umuntu walaba bantu engibaletha ezandleni zenu, kuyakuba ngukuphila ngokuphila.

25 Kwathi eseqedile ukunikela ngomnikelo wokushiswa, uJehu wathi kubalindi nasezinduneni: Ngenani, nibabulale, kungaphumi muntu. Bababulala ngosiko lwenkemba. Abalindi nezinduna babantshinga phandle, bangena ekamelweni eliphakathi lendlu kaBali.

26 Bakhipha izinsika ezazisendlini kaBali, bazishisa.

27Babhidliza insika kaBali, badiliza indlu kaBali, bazenza izindlu zendle kuze kube namuhla.

28UJehu wamchitha-ke uBali kwa-Israyeli.

29 Kepha akasukanga ekulandeleni izono zikaJerobowamu indodana kaNebati onisa ngazo u-Israyeli, namathole egolide ayeseBethele nakwaDani.

30 UJehova wathi kuJehu: Ngenxa yokuba wenze kahle ngokufeza okulungile emehlweni ami, futhi wenze kuyo indlu ka-Ahabi njengakho konke okwakusenhliziyweni yami, amadodana akho ezizukulwane ezine ayakuhlala esihlalweni sobukhosi sika-Israyeli.

31Kodwa uJehu akagcinanga ukuhamba emthethweni kaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngayo yonke inhliziyo yakhe, kasukanga ezonweni zikaJerobowamu onisa ngazo u-Israyeli.

32 Ngalezo zinsuku uJehova waqala ukunqinda elakwa-Israyeli; uHazayeli wabachitha emikhawulweni yonke yakwa-Israyeli,

33kusukela eJordani ngasempumalanga, lonke izwe lakwaGileyadi, abakwaGadi, nabakwaRubeni, nabakwaManase, kusukela e-Aroweri elingasemfuleni i-Arinoni, elakwaGileyadi neBashani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34Ezinye izindaba zikaJehu, nakho konke akwenzayo, nawo onke amandla akhe, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

35 UJehu wayeselala koyise, bammbela eSamariya. UJehowahazi, indodana yakhe, waba yinkosi esikhundleni sakhe.

36Isikhathi uJehu abusa ngaso kwa-Israyeli, eSamariya saba yiminyaka engamashumi amabili nesishiyagalombili.

## 2 AmaKhosi 11

### U-Athaliya ubusa kwaJuda. Ukubusa kukaJowashi nokufa kuka-Athaliya

1 U-Athaliya unina ka-Ahaziya esebonile ukuthi indodana yakhe ifile, wasuka wachitha yonke imbewu yenkosi.

2Kepha uJehosheba indodakazi yenkosi uJoramu, udadewabo ka-Ahaziya, wamthatha uJowashi indodana ka-Ahaziya, wameba phakathi kwamadodana enkosi abulawayo, yena nomzanyana wakhe, ekamelweni lokulala; bamfihla ebusweni buka-Athaliya, waze wangabulawa.

3Wayenaye ethukusiwe endlini kaJehova iminyaka eyisithupha; u-Athaliya wabusa ezweni.

4 Ngomnyaka wesikhombisa uJehoyada wathumela walanda izinduna zamakhulu zamaKhari nezabalindi, wazingenisa kuye endlini kaJehova, wenza isivumelwano nazo, wazifungisa endlini kaJehova, wazibonisa indodana yenkosi.

5Waziyala wathi: Nansi into eniyakuyenza: abesithathu kini abangena ngesabatha bayakuba ngabalindi bendlu yenkosi,

6abesithathu babe sesangweni laseSuri, abesithathu babe sesangweni emva kwabalindi, niyilinde nokuyilinda indlu, nidedelane.

7Amaviyo enu amabili, bonke abaphuma ngesabatha, ayakulinda indlu kaJehova enkosini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Niyakuyizungeza inkosi nxazonke, yilowo nalowo abe nezikhali zakhe esandleni sakhe; ongena phakathi kwezinhla makabulawe; yibani nenkosi ekuphumeni kwayo nasekungeneni kwayo.

9 Izinduna zamakhulu zenza njengakho konke ukuyala kukaJehoyada umpristi, zathatha, kwaba yileyo naleyo abantu bayo ababeyakungena ngesabatha kanye nababeyakuphuma ngesabatha, zeza kuJehoyada umpristi.

10 Umpristi wanikela ezinduneni zamakhulu imikhonto nezihlangu okwakungokwenkosi uDavide, kusendlini kaJehova.

11 Abalindi bema, kwaba yilowo nalowo enezikhali zakhe esandleni sakhe, kusukela ohlangothini lokunene lwendlu kuze kube sohlangothini lwesokhohlo lwendlu, ngase-altare nasendlini nxazonke zenkosi.

12 Wayeseyikhipha indodana yenkosi, wayifaka umqhele, wayinika ubufakazi, bayibeka inkosi, bayigcoba; bashaya ihlombe, bathi: Mana njalo, nkosi.

13 U-Athaliya esezwa ukumemeza kwabalindi nokwabantu waya kubantu endlini kaJehova,

14 wabuka, bheka, inkosi yayimi ngasensikeni njengomthetho, izikhulu nabamacilongo bengasenkosini; bonke abantu bezwe bathokoza, bakhalisa amacilongo. U-Athaliya wayeseklebhula izingubo zakhe, wamemeza ngokuthi: Ngugobe! Ngugobe!

15 UJehoyada, umpristi, wayala izinduna zamakhulu ezazibekwe phezu kwempi, wathi kuzo: Mkhipheni endlini, nimngenise phakathi kwezinhla; omlandelayo nimbulale ngenkemba; ngokuba umpristi wathi: Makangabulawa endlini kaJehova.

16 Base bemdedela nxazombili, wahamba ngendlela yokungena kwamahhashi endlini yenkosi; wabulawa khona.

17 UJehoyada wenza isivumelwano phakathi kukaJehova nenkosi nabantu ukuba babe ngabantu bakaJehova, naphakathi kwabantu nenkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[18]Bonke abantu bezwe baya endlini kaBali, bayibhidliza; ama-altare akhe nezithombe zakhe bakuphahlaza kakhulu, babulala uMathani, umpristi kaBali, phambi kwama-altare. Umpristi wamisela indlu kaJehova ababonisi.

[19]Wayesethatha izinduna zamakhulu, namaKhari, nabalindi, nabo bonke abantu bezwe; bayehlisa inkosi endlini kaJehova, baya endlini yenkosi ngendlela yesango labalindi. Yahlala esihlalweni sobukhosi.

[20]Bonke abantu bezwe bathokoza, umuzi wazola; bambulala u-Athaliya ngenkemba endlini yenkosi.

[21]UJehowashi wayeneminyaka eyisikhombisa ekuqaleni kwakhe ukubusa.

## 2 AmaKhosi 12

### UJehowashi ulungisa ithempeli

[1] Ngomnyaka wesikhombisa kaJehu uJehowashi waba yinkosi, wabusa iminyaka engamashumi amane eJerusalema; igama likanina lalinguSibiya waseBeri Sheba.

[2]UJehowashi wenza okulungile emehlweni kaJehova izinsuku zakhe zonke uJehoyada umpristi amfundisa ngazo.

[3]Nokho izindawo eziphakemeyo azisuswanga; abantu babesahlaba, besashisa impepho ezindaweni eziphakemeyo.

[4] UJehowashi wathi kubapristi: Lonke isiliva lezinto ezingcwele elingeniswa endlini kaJehova, imali eyamukelekayo, imali yilowo nalowo muntu alinganiselwe yona, nemali yonke okuvela enhliziyweni yomuntu ukuba ayilethe endlini kaJehova,

[5]makuthathwe ngabapristi, kube yilowo nalowo kumngane wakhe, balungise izimfa zendlu, yonke indawo lapho kungafumaniseka khona ufa.

[6]Kwathi ngomnyaka wamashumi amabili nantathu wenkosi uJehowashi abapristi babengakazilungisi izimfa zendlu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Inkosi uJehowashi yayisibiza uJehoyada umpristi nabanye abapristi, yathi kubo: Anilungisi ngani izimfa zendlu na? Ngalokho ningabe nisathatha imali yabangane benu, kepha niyinikelele izimfa zendlu.

8Abapristi bavuma ukuba bangabe besamukela imali kubantu, futhi bangazilungisi izimfa zendlu.

9 UJehoyada, umpristi, wayesethatha umphongolo, wabhoboza imbobo esivalweni sawo, wawubeka eceleni kwe-altare ngakwesokunene lapho umuntu engena endlini kaJehova; abapristi abalinda umbundu bafaka khona yonke imali eyalethwa endlini kaJehova.

10Kwathi lapho bebona ukuthi ikhona imali eningi emphongolweni, umbhali wenkosi nompristi omkhulu benyuka, bayibopha, bayibala imali eyafunyanwa endlini kaJehova.

11Banika imali elinganisiweyo ezandleni zabasebenzayo, bengababonisi bendlu kaJehova, bakhokhela ababazi nabakhi ababesebenza endlini kaJehova,

12nabakha ngamatshe, nababaza amatshe, nokuthenga imithi namatshe abaziweyo ukulungisa izimfa zendlu kaJehova, yebo, konke okwakhishelwa indlu ukuyilungisa.

13 Kodwa indlu kaJehova ayenzelwanga izindebe zesiliva, nezizenze, nezitsha, namacilongo, nazo zonke izinto zegolide, nezinto zesiliva ngemali eyalethwa endlini kaJehova,

14ngokuba bayinika abasebenzayo, balungisa ngayo indlu kaJehova.

15Ababalelananga nabantu imali abayibeka ezandleni zabo ukunika abasebenzayo, ngokuba babethembekile ekuphatheni kwabo.

16 Imali yeminikelo yamacala, nemali yeminikelo yezono yayingangeniswa endlini kaJehova, yayingeyabapristi.

### UHazayeli uhlasela iJerusalema

17 Khona uHazayeli inkosi yase-Aramu wenyuka walwa neGati, walithatha; uHazayeli wabhekisa ubuso bakhe ukwenyukela eJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 UJehowashi, inkosi yakwaJuda, wathatha zonke izinto ezingcwele, ezingcwelisiwe ngoJehoshafati noJehoramu no-Ahaziya oyise, amakhosi akwaJuda, nezinto zakhe ezingcwelisiwe, nalo lonke igolide elafunyanwa engcebeni endlini kaJehova nasendlini yenkosi, wakuthuma kuHazayeli inkosi yase-Aramu; wayesesuka eJerusalema.

19 Ezinye izindaba zikaJowashi nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

20 Izinceku zakhe zasuka, zenza ugobe, zambulala uJowashi endlini yaseMilo ekwehleleni eSila.

21 UJozakari, indodana kaShimeyati, noJehozabadi indodana kaShomeri, izinceku zakhe, bambulala, wafa; bammbela koyise emzini kaDavide. U-Amasiya, indodana yakhe, waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 AmaKhosi 13

### OJehowahazi noJehowashi bangamakhosi kwa-Israyeli

1 Ngomnyaka wamashumi amabili nantathu kaJowashi indodana ka-Ahaziya inkosi yakwaJuda uJehowahazi indodana kaJehu waba yinkosi kwa-Israyeli eSamariya, wabusa iminyaka eyishumi nesikhombisa.

2 Wenza okubi emehlweni kaJehova, walandela izono zikaJerobowamu, indodana kaNebati, onisa ngazo u-Israyeli, kasukanga kuzo.

3 Intukuthelo kaJehova yavuthela u-Israyeli, wabanikela esandleni sikaHazayeli inkosi yase-Aramu nasesandleni sikaBeni Hadadi indodana kaHazayeli sonke lesi sikhathi.

4 UJehowahazi wakhuleka kuJehova, uJehova wamuzwa, ngokuba wabona ukucindezelwa kuka-Israyeli ukuthi inkosi yase-Aramu yayibacindezela.

5 UJehova wanika u-Israyeli umsindisi, baphuma phansi kwesandla sama-Aramu; abantwana bakwa-Israyeli bahlala ematendeni abo njengakuqala.

6 Nokho abasukanga ezonweni zendlu kaJerobowamu onisa ngazo u-Israyeli, kepha bahamba kuzo; naye u-Ashera wasala eSamariya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

[7]Ngokuba akashiyanga abantu kuJehowahazi, kuphela abamahhashi abangamashumi ayisihlanu, nezinqola eziyishumi, nemigundatshani eyizinkulungwane eziyishumi, ngokuba inkosi yase-Aramu yabachitha, yabenza baba njengothuli ekubhuleni.

[8]Ezinye izindaba zikaJehowahazi, nakho konke akwenzayo, namandla akhe, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

[9]UJehowahazi wayeselala koyise; bammbela eSamariya; uJowashi indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[10]Ngomnyaka wamashumi amathathu nesikhombisa kaJowashi, inkosi yakwaJuda, uJehowashi, indodana kaJehowahazi, waba yinkosi kwa-Israyeli eSamariya, wabusa iminyaka eyishumi nesithupha.

[11]Wenza okubi emehlweni kaJehova, kasukanga kuzo zonke izono zikaJerobowamu indodana kaNebati onisa ngazo u-Israyeli, kodwa wahamba kuzo.

[12]Ezinye izindaba zikaJowashi, nakho konke akwenzayo, namandla akhe alwa ngawo no-Amasiya inkosi yakwaJuda, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

[13]UJowashi wayeselala koyise; uJerobowamu wahlala esihlalweni sakhe sobukhosi; uJowashi wembelwa eSamariya namakhosi akwa-Israyeli.

### Ukugula nokufa kuka-Elisha

[14] U-Elisha esegula ngesifo afa ngaso, uJowashi inkosi yakwa-Israyeli wehlela kuye, wamkhalela wathi: Baba, Baba, nqola ka-Israyeli nabamahhashi bakhe!

[15]U-Elisha wathi kuye: Thatha umnsalo nemicibisholo. Wathatha-ke umnnsalo nemicibisholo.

[16]Wathi enkosini yakwa-Israyeli: Beka isandla sakho emnsalweni. Yabeka-ke isandla sayo. U-Elisha wabeka izandla zakhe phezu kwezandla zenkosi.

[17]Wathi: Vula ifasitele ngasempumalanga. Yalivula. Wayesethi u-Elisha: Cibishela. Yacibishela-ke. Wathi: Ngumcibisholo kaJehova wokusindisa,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

umcibisholo wokusindiswa kuma-Aramu, ngokuba uyakubulala ama-Aramu e-Afeki, uwaqede.

18Wayesethi: Thatha imicibisholo. Yayithatha-ke. Wathi enkosini yakwa-Israyeli: Shaya emhlabathini. Yashaya kathathu, yayeka.

19Lowo muntu kaNkulunkulu wayithukuthelela, wathi: Uma ubushaye kahlanu noma kayisithupha, wawulahlulile i-Aramu waze waliqeda, kepha manje uyakulahlula i-Aramu kathathu kuphela.

20Wayesefa u-Elisha, bammbela. Amaviyo akwaMowabi angenela izwe ngasekwethwaseni komnyaka.

21Kwathi lapho besammbela umuntu othile, bheka, babona iviyo; bamlahla umuntu ethuneni lika-Elisha. Lowo muntu wanele ukuthinta nje amathambo ka-Elisha, waphila, wema ngezinyawo zakhe.

### Ama-Aramu ayahlulwa

22UHazayeli inkosi yase-Aramu wayecindezele u-Israyeli zonke izinsuku zikaJehowahazi.

23 Kodwa uJehova wayenomusa kubo, wayenesihe kubo, wabanakekela ngenxa yesivumelwano sakhe no-Abrahama no-Isaka noJakobe, akathandanga ukubachitha, futhi wayengakabalahli ebusweni bakhe.

24UHazayeli inkosi yase-Aramu wafa; uBeni Hadadi indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

25UJehowashi indodana kaJehowahazi wabuye waphuca esandleni sikaBeni Hadadi indodana kaHazayeli leyo mizi ayaphucile esandleni sikaJehowahazi uyise ngokulwa. UJowashi wamahlula kathathu, wabuyisa imizi yakwa-Israyeli.

## 2 AmaKhosi 14

### U-Amasiya uyinkosi kwaJuda. UJerobowamu wesibili uyinkosi kwa-Israyeli

1 Ngomnyaka wesibili kaJowashi indodana kaJehowahazi inkosi yakwa-Israyeli u-Amasiya indodana kaJowashi inkosi yakwaJuda waba yinkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Wayeneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ekuqaleni kwakhe
ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi amabili nesishiyagalolunye
eJerusalema; igama likanina lalinguJehohadini waseJerusalema.

3 Wenza okulungile emehlweni kaJehova, kungenjengoDavide uyise kodwa;
wenza njengakho konke uJowashi uyise akwenzileyo.

4Kepha izindawo eziphakemeyo azisuswanga; abantu babesahlaba, besashisa
impepho ezindaweni eziphakemeyo.

5 Kwathi lapho umbuso usuqinisiwe esandleni sakhe, wazibulala izinceku
zakhe ezaziyibulele inkosi uyise.

6 Kepha abantwana bababulali akababulalanga njengokulotshiweyo
encwadini yomthetho kaMose njengokuyala kukaJehova ngokuthi: Oyise
abayikubulawa ngenxa yabantwana, nabantwana abayikubulawa ngenxa
yawoyise, kepha yilowo nalowo uyakufa ngesakhe isono.

7Wabulala ku-Edomi esiGodini sikaSawoti abayizinkulungwane eziyishumi,
wathatha iSela ngokulwa, waliqamba igama lokuthi iJokiteyeli kuze kube
namuhla.

8Khona u-Amasiya wathuma izithunywa kuJehowashi indodana
kaJehowahazi kaJehu, inkosi yakwa-Israyeli, wathi: Woza sibhekane ubuso
nobuso.

9 UJehowashi inkosi yakwa-Israyeli wathumela ku-Amasiya inkosi
yakwaJuda, wathi: Isihlahla somkhaya saseLebanoni sathumela kumsedari
waseLebanoni, sathi: Nika indodana yami indodakazi yakho ibe ngumkayo.
Kwadlula isilo sasendle saseLebanoni, sanyathela phansi isihlahla somkhaya.

10Umchithile impela u-Edomi; inhliziyo yakho ikuphakamisile; dumiseka
ngakho, uhlale ekhaya; uzilebelani ukuba uwe wena, noJuda ekanye nawe,
na?

11Kepha u-Amasiya akalalelanga. Wayesenyuka uJehowashi inkosi yakwa-
Israyeli; yena no-Amasiya inkosi yakwaJuda babhekana ubuso nobuso eBeti
Shemeshi elingelakwaJuda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 UJuda wahlulwa phambi kuka-Israyeli; babaleka, kwaba yilowo nalowo
etendeni lakhe.

13 UJehowashi, inkosi yakwa-Israyeli, wambamba u-Amasiya inkosi
yakwaJuda, indodana kaJehowashi, ka-Ahaziya, eBeti Shemeshi, wafika
eJerusalema, wadiliza ugange lwaseJerusalema, kusukela eSangweni lakwa-
Efrayimi kuze kube seSangweni laseGumbini, izingalo ezingamakhulu amane.

14 Wathatha lonke igolide nesiliva, nazo zonke izitsha ezafunyanwa endlini
kaJehova nasengcebeni endlini yenkosi, nabayisibambiso, wabuyela
eSamariya.

15 Ezinye izindaba zikaJehowashi azenzayo, namandla akhe, nempi yakhe no-
Amasiya inkosi yakwaJuda, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla
ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

16 UJehowashi wayeselala koyise, wembelwa eSamariya namakhosi akwa-
Israyeli; uJerobowamu indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

17 U-Amasiya, indodana kaJowashi, inkosi yakwaJuda, wayesekhona emva
kokufa kukaJehowashi indodana kaJehowahazi, inkosi yakwa-Israyeli,
iminyaka eyishumi nanhlanu.

18 Ezinye izindaba zika-Amasiya angithi zilotshiwe encwadini yezindaba
zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

19 Bamenzela ugobe eJerusalema; wabalekela eLakishi, kepha bathumela
bamlanda eLakishi, bambulala khona.

20 Bamthwala ngamahhashi; wembelwa eJerusalema koyise emzini kaDavide.

21 Bonke abantu bakwaJuda bathatha u-Azariya owayeneminyaka eyishumi
nesithupha, bambeka inkosi esikhundleni sikayise u-Amasiya.

22 Wakha i-Elati, walibuyisela kuJuda, inkosi isilele koyise.

23 Ngomnyaka weshumi nanhlanu ka-Amasiya indodana kaJowashi, inkosi
yakwaJuda, uJerobowamu indodana kaJowashi, inkosi yakwa-Israyeli, waba
yinkosi eSamariya, wabusa iminyaka engamashumi amane nanye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Wenza okubi emehlweni kaJehova, kasukanga ezonweni zonke zikaJerobowamu, indodana kaNebati, onisa ngazo u-Israyeli.

25Wabuyisa umkhawulo wakwa-Israyeli kusukela ekuyeni eHamati kuze kube seLwandle lwase-Araba; njengezwi likaJehova, uNkulunkulu ka-Israyeli, alikhulumayo ngesandla senceku yakhe uJona indodana ka-Amithayi, umprofethi waseGati Heferi.

26 Ngokuba uJehova wabona ukuhlupheka kuka-Israyeli ukuthi kwakumunyu kakhulu, abancane nabakhulu baphela amandla, kungekho omsizayo u-Israyeli.

27UJehova akashongo ukuthi uyakwesula igama lika-Israyeli phansi kwezulu, kepha wabasindisa ngesandla sikaJerobowamu indodana kaJowashi.

28 Ezinye izindaba zikaJerobowamu, nakho konke akwenzayo, namandla akhe, nokulwa kwakhe, nokubuyisela kwakhe ku-Israyeli iDamaseku neHamati elalingelakwaJuda, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

29UJerobowamu wayeselala koyise, amakhosi abakwa-Israyeli; uZakariya waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 AmaKhosi 15

### U-Azariya uyinkosi kwaJuda

1 Ngomnyaka wamashumi amabili nesikhombisa kaJerobowamu inkosi ka-Israyeli u-Azariya indodana ka-Amasiya inkosi yakwaJuda waba yinkosi.

2 Wayeneminyaka eyishumi nesithupha ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi ayisihlanu nambili eJerusalema; igama likanina lalinguJekoliya waseJerusalema.

3 Wenza okulungile emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo uyise u-Amasiya.

4Nokho izindawo eziphakemeyo azisuswanga; abantu babesahlaba, besashisa impepho ezindaweni eziphakemeyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 UJehova wayishaya inkosi, yaba ngonochoko kwaze kwafika usuku lokufa kwayo, yahlala endlini eyahlukanisiweyo. UJothamu, indodana yenkosi, wayephezu kwendlu ahlulela abantu bezwe.

6Ezinye izindaba zika-Azariya nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

7U-Azariya wayeselala koyise; bammbela koyise emzini kaDavide; uJothamu, indodana yakhe, waba yinkosi esikhundleni sakhe.

### Amanye amakhosi akwa-Israyeli

8 Ngomnyaka wamashumi amathathu nesishiyagalombili ka-Azariya inkosi yakwaJuda, uZakariya, indodana kaJerobowamu, wayeyinkosi kwa-Israyeli eSamariya izinyanga eziyisithupha.

9 Wenza okubi emehlweni kaJehova njengalokho benzile oyise, kasukanga ezonweni zikaJerobowamu, indodana kaNebati, onisa ngazo u-Israyeli.

10UShalumi, indodana kaJabeshi, wamenzela ugobe, wamgenca phambi kwabantu, wambulala, waba yinkosi esikhundleni sakhe.

11Ezinye izindaba zikaZakariya, bheka, zilotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli.

12 Yilelo izwi likaJehova alikhuluma kuJehu ngokuthi: Amadodana akho kuze kube sesizukulwaneni sesine ayakuhlala esihlalweni sakwa-Israyeli. Kwaba njalo.

13UShalumi indodana kaJabeshi waba yinkosi ngomnyaka wamashumi amathathu nesishiyagalolunye ka-Uziya inkosi yakwaJuda, wabusa inyanga eSamariya.

14UMenahemu, indodana kaGadi, wenyuka eTirisa, wafika eSamariya, wagenca uShalumi, indodana kaJabeshi, eSamariya, wambulala, wabusa esikhundleni sakhe.

15Ezinye izindaba zikaShalumi nogobe lwakhe alwenzayo, bheka, kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Ngaleso sikhathi uMenahemu wachitha iThifisa, nakho konke okwakukulo, nemikhawulo yalo, kusukela eTirisa; ngokuba bengamvulelanga, ngalokho walichitha; nabo bonke abesifazane abakhulelweyo abakulo wabaqaqa.

17 Ngomnyaka wamashumi amathathu nesishiyagalolunye ka-Azariya inkosi yakwaJuda uMenahemu indodana kaGadi waba yinkosi kwa-Israyeli, wabusa iminyaka eyishumi eSamariya.

18 Wenza okubi emehlweni kaJehova, kasukanga zonke izinsuku zakhe ezonweni zikaJerobowamu indodana kaNebati onisa ngazo u-Israyeli.

19 Kwafika ukuhlasela izwe uPhuli inkosi yase-Asiriya; uMenahemu wamnika uPhuli amatalenta ayinkulungwane esiliva ukuba isandla sakhe sibe naye ukuwuqinisa umbuso esandleni sakhe.

20 UMenahemu wakhiphisa u-Israyeli imali, bonke abantu abacebileyo, kwaba yilowo nalowo amashekeli angamashumi ayisihlanu esiliva ukuwanika inkosi yase-Asiriya. Yayisibuyela emuva inkosi yase-Asiriya, ayihlalanga khona ezweni.

21 Ezinye izindaba zikaMenahemu nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli na?

22 UMenahemu wayeselala koyise; uPhekaya waba yinkosi esikhundleni sakhe.

23 Ngomnyaka wamashumi ayisihlanu ka-Azariya inkosi yakwaJuda, uPhekaya, indodana kaMenahemu, waba yinkosi kwa-Israyeli eSamariya, wabusa iminyaka emibili.

24 Wenza okubi emehlweni kaJehova, kasukanga ezonweni zikaJerobowamu indodana kaNebati onisa ngazo u-Israyeli.

25 UPheka, indodana kaRemaliya, induna yakhe wamenzela ugobe, wamgenca eSamariya enqabeni yendlu yenkosi kanye no-Arigobi no-Ariye; wayenabantu bakwaGileyadi abangamashumi ayisihlanu; wambulala, waba yinkosi esikhundleni sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26Ezinye izindaba zikaPhekaya nakho konke akwenzayo, bheka, kulotshiwe
encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli.

27Ngomnyaka wamashumi ayisihlanu nambili ka-Azariya inkosi yakwaJuda
uPheka indodana kaRemaliya waba yinkosi kwa-Israyeli eSamariya, wabusa
iminyaka engamashumi amabili.

28 Wenza okubi emehlweni kaJehova, kasukanga ezonweni zikaJerobowamu
indodana kaNebati onisa ngazo u-Israyeli.

29 Emihleni kaPheka inkosi yakwa-Israyeli kwafika uThigilati Phileseri inkosi
yase-Asiriya, wathatha i-Ijoni, ne-Abela Beti Mahakha, neJanowa, neKedeshi,
neHasori, neGileyadi, neGalile, lonke izwe lakwaNafetali, wabathumbela e-
Asiriya.

30 UHosheya, indodana ka-Ela, wamenzela ugobe uPheka indodana
kaRemaliya, wamgenca, wambulala, waba yinkosi esikhundleni sakhe
ngomnyaka wamashumi amabili kaJothamu indodana ka-Uziya.

31 Ezinye izindaba zikaPheka nakho konke akwenzayo, bheka, kulotshiwe
encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwa-Israyeli.

32 Ngomnyaka wesibili kaPheka indodana kaRemaliya, inkosi yakwa-Israyeli,
uJothamu indodana ka-Uziya, inkosi yakwaJuda, waba yinkosi.

33Wayeneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ekuqaleni kwakhe
ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nesithupha eJerusalema; igama likanina
lalinguJerusha, indodakazi kaSadoki.

34Wenza okulungile emehlweni kaJehova, wenza njengakho konke
akwenzileyo uyise u-Uziya.

35Nokho izindawo eziphakemeyo azisuswanga; abantu babesahlaba, besashisa
impepho ezindaweni eziphakemeyo. Wakha isango lasenhla endlini
kaJehova.

36Ezinye izindaba zikaJothamu nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe
encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[37] Ngalezo zinsuku uJehova waqala ukuthuma kuJuda uResini, inkosi yase-Aramu noPheka indodana kaRemaliya.

[38]UJothamu wayeselala koyise, wembelwa koyise emzini kaDavide; u-Ahazi, indodana yakhe, waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 AmaKhosi 16

### U-Ahazi uyinkosi kwaJuda

[1] Ngomnyaka weshumi nesikhombisa kaPheka indodana kaRemaliya u-Ahazi indodana kaJothamu, inkosi yakwaJuda, waba yinkosi.

[2]U-Ahazi wayeneminyaka engamashumi amabili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nesithupha eJerusalema; akenzanga okulungile emehlweni kaJehova, uNkulunkulu wakhe, njengoDavide uyise.

[3]Kepha wahamba ngendlela yamakhosi akwa-Israyeli, yebo, wadabulisa nendodana yakhe emlilweni njengezinengiso zabezizwe uJehova abaxosha phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

[4]Wahlaba, washisa impepho ezindaweni eziphakemeyo, nasemagqumeni, naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza.

[5] Ngaleso sikhathi uResini, inkosi yase-Aramu, noPheka indodana kaRemaliya, inkosi yakwa-Israyeli, benyukela eJerusalema ukulwa nalo; bamvimbezela u-Ahazi, kepha babengenakumahlula.

[6] Ngaleso sikhathi uResini inkosi yase-Aramu wabuyisela i-Elati e-Aramu, waxosha abaJuda e-Elati; ama-Aramu afika e-Elati, ahlala khona kuze kube namuhla.

[7]U-Ahazi wathuma izithunywa kuThigilati Phileseri inkosi yase-Asiriya ngokuthi: Mina ngiyinceku yakho nendodana yakho: yenyuka, ungisindise esandleni senkosi yase-Aramu nasesandleni senkosi yakwa-Israyeli angivukelayo.

[8] U-Ahazi wathatha isiliva negolide elafunyanwa endlini kaJehova nasengcebeni endlini yenkosi, walithuma enkosini yase-Asiriya laba yisipho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Inkosi yase-Asiriya yamlalela; inkosi yase-Asiriya yenyuka ukuhlasela
iDamaseku, yalithatha, yathumbela abantu balo eKhiri, yambulala uResini.

10Inkosi u-Ahazi yaya eDamaseku ukumhlangabeza uThigilati Phileseri inkosi
yase-Asiriya, yabona i-altare elaliseDamaseku; inkosi u-Ahazi yathumela ku-
Uriya, umpristi, isimo se-altare nesifanekiso salo njengokwenziwa kwalo
konke.

11U-Uriya, umpristi, wayesakha i-altare: njengakho konke inkosi u-Ahazi
ebikuthumile iseDamaseku walenze njalo u-Uriya umpristi, yaze yabuya
inkosi u-Ahazi eDamaseku.

12Inkosi isibuyile eDamaseku, inkosi yalibona i-altare; inkosi yasondela e-
altare, yenyukela kulo.

13Yashisa umnikelo wayo wokushiswa nomnikelo wayo wempuphu, yathulula
umnikelo wayo wokuphuzwa, yafafaza igazi leminikelo yokuthula e-altare.

14 Kepha i-altare lethusi elaliphambi kukaJehova, yalisusa ngaphambi
kwendlu phakathi kwe-altare nendlu kaJehova, yalibeka ohlangothini
lwasenyakatho lwe-altare layo.

15Inkosi u-Ahazi yamyala u-Uriya umpristi ngokuthi: Shisa e-altare elikhulu
umnikelo wokushiswa wasekuseni, nomnikelo wempuphu wakusihlwa,
nomnikelo wokushiswa wenkosi, nomnikelo wayo wempuphu kanye
nomnikelo wokushiswa wabo bonke abantu bezwe, nomnikelo wabo
wempuphu, neminikelo yabo yokuphuzwa, ulifafaze ngalo lonke igazi
lomnikelo wokushiswa nalo lonke igazi lomhlatshelo; kodwa i-altare lethusi
liyakuba ngelami ukubuza ngalo.

16U-Uriya umpristi wenza njengakho konke inkosi u-Ahazi eyale ngakho.

17 Inkosi u-Ahazi yanquma izindini zezinqe, yasusa kuzo umcengezi
wokugeza, yehlisa ulwandle ezinkabini zethusi ezaziphansi kwawo,
yawubeka endaweni egandayiwe ngamatshe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[18]Indlela esibekelweyo yesabatha ababeyakhe endlini nendawo yokungena yenkosi engaphandle yakuphambukisela endlini kaJehova ngenxa yenkosi yase-Asiriya.

[19]Ezinye izindaba zika-Ahazi azenzayo angithi zilotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

[20] U-Ahazi wayeselala koyise, wembelwa koyise emzini kaDavide; uHezekiya indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 AmaKhosi 17

### Ukuchithwa kuka-Israyeli

[1] Ngomnyaka weshumi nambili ka-Ahazi inkosi yakwaJuda uHosheya indodana ka-Ela waba yinkosi eSamariya kwa-Israyeli, wabusa iminyaka eyisihiyagalolunye.

[2]Wenza okubi emehlweni kaJehova, nokho kungenjengamakhosi akwa-Israyeli ayephambi kwakhe.

[3]Kwenyuka ukulwa naye uShalimaneseri inkosi yase-Asiriya; uHosheya waba yisikhonzi sakhe, wathela intela kuye.

[4]Inkosi yase-Asiriya yafumana ugobe kuHosheya, ngokuba wayethume izithunywa kuSo inkosi yaseGibithe, engasenyusi ntela enkosini yase-Asiriya njengokwenza kwakhe imihla ngemihla; ngalokho inkosi yase-Asiriya yamvalela, yambopha etilongweni.

[5] Inkosi yase-Asiriya yayisenyuka, yadabula izwe lonke, yenyukela eSamariya, yalivimbezela iminyaka emithathu.

[6]Ngomnyaka wesishiyagalolunye kaHosheya, inkosi yase-Asiriya yalithatha iSamariya, yathumbela u-Israyeli e-Asiriya, yababeka eHala, naseHabori ngasemfuleni waseGozani, nasemizini yamaMede.

[7] Kwaba njalo, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli babonile kuJehova uNkulunkulu wabo owabakhuphula ezweni laseGibithe esandleni sikaFaro inkosi yaseGibithe, besaba abanye onkulunkulu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 bahamba ngezimiso zabezizwe uJehova abaxosha phambi kwabantwana
bakwa-Israyeli nezamakhosi akwa-Israyeli azenzileyo.

9 Abantwana bakwa-Israyeli benza ngasese izinto ezingalungile kuJehova
uNkulunkulu, bazakhela izindawo eziphakemeyo emizini yabo yonke
ngasemibhoshongweni yabalindi nasemizini ebiyelweyo.

10 Bazimisela izinsika nawo-Ashera emagqumeni onke aphakemeyo naphansi
kwayo yonke imithi eluhlaza,

11 bashisa khona impepho ezindaweni zonke eziphakemeyo njengokwenza
kwabezizwe uJehova abaxosha phambi kwabo, benza izinto ezimbi
ukumcunula uJehova,

12 bakhonza izithombe uJehova ashilo ngazo kubo ukuthi: Aniyikwenza le
nto.

13 Nokho uJehova wayexwayisile o-Israyeli noJuda ngesandla sabo bonke
abaprofethi nababoni ukuthi: Phendukani ezindleleni zenu ezimbi, nigcine
imiyalo yami nezimiso zami njengawo wonke umthetho engayala ngawo
oyihlo nengawuthuma kini ngesandla sezinceku zami abaprofethi.

14 Kepha abalalelanga; benza lukhuni intamo yabo njengentamo yawoyise
abangakholwanga nguJehova uNkulunkulu wabo.

15 Badelela izimiso zakhe, nesivumelwano sakhe asenzayo nawoyise,
nezixwayiso abaxwayisa ngazo, balandela okuyize, benza okuyize, balandela
abezizwe ababebazungeza, uJehova abayale ngabo ukuthi abayikwenza
njengabo.

16 Bashiya yonke imiyalo kaJehova uNkulunkulu wabo, bazenzela izithombe
ezibunjiweyo, amathole amabili, benza no-Ashera, bakhuleka kulo lonke
ibandla lasezulwini, bakhonza uBali.

17 Badabulisa amadodana abo namadodakazi abo emlilweni, babhula, benza
imilingo, bazithengisela ukwenza okubi emehlweni kaJehova ukumcunula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Ngalokho uJehova wathukuthelela u-Israyeli, wabasusa ebusweni bakhe; akusalanga muntu, isizwe sakwaJuda kuphela.

19 Naye uJuda akagcinanga imiyalo kaJehova uNkulunkulu wabo, kepha wahamba ngezimiso zakwa-Israyeli azenzileyo.

20 UJehova wala yonke inzalo ka-Israyeli, wayihlupha, wayinikela esandleni sabaphangi, waze wayilahla ebusweni bakhe.

21 Ngokuba wahlwitha u-Israyeli endlini kaDavide; bambeka uJerobowamu indodana kaNebati inkosi; uJerobowamu wamqubula u-Israyeli ukuba angamlandeli uJehova, wamonisa ngesono esikhulu.

22 Abantwana bakwa-Israyeli bahamba ezonweni zonke zikaJerobowamu azenzayo, abasukanga kuzo,

23 uJehova waze wamsusa u-Israyeli ebusweni bakhe njengokukhuluma kwakhe ngesandla sazo zonke izinceku zakhe abaprofethi. Wayesethunjwa u-Israyeli ezweni lakubo, wayiswa e-Asiriya kuze kube namuhla.

### AmaSamariya nokukhonza kwawo izithombe

24 Inkosi yase-Asiriya yalanda abantu eBabele, naseKhutha, nase-Ava, naseHamati, naseSefarivayimi, yabahlalisa emizini yaseSamariya esikhundleni sabantwana bakwa-Israyeli; badla iSamariya, bahlala emizini yalo.

25 Kwathi ekuqaleni kokuhlala kwabo khona abamesabanga uJehova; ngalokho uJehova wathuma izingonyama phakathi kwabo, zabulala abanye kubo.

26 Base bekhuluma enkosini yase-Asiriya, bethi: Abezizwe obasusileyo wabahlalisa emizini yaseSamariya abawazi umthetho kaNkulunkulu wezwe; ngalokho uthumile izingonyama phakathi kwabo; bheka, ziyababulala, ngokuba abawazi umthetho kaNkulunkulu wezwe.

27 Inkosi yase-Asiriya yayisiyala ngokuthi: Yisani khona omunye wabapristi enibathumbile lapho, ahambe ahlale khona, abafundise umthetho kaNkulunkulu wezwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

28 Wayesefika omunye wabapristi ababebathumbile eSamariya, wahlala eBethele, wabafundisa ukumesaba uJehova.

29 Kodwa zonke izizwe zazenzela onkulunkulu bazo, zababeka ezindlini zezindawo eziphakemeyo ezazenziwe ngamaSamariya, kwaba yileso naleso sizwe emizini esasihlezi kuyo.

30 Abantu baseBabele benza uSukoti Benoti, abantu baseKhuti benza uNerigali, abantu baseHamati benza u-Ashima,

31 ama-Avi enza oNibihazi noTharithaki, amaSefarivayimi ashisa abantwana bawo ngomlilo ko-Adirameleki no-Anameleki, onkulunkulu bamaSefarivayimi.

32 Kepha babemkhonza noJehova, bazenzela phakathi kwabo abapristi bezindawo eziphakemeyo ababahlabela ezindlini zezindawo eziphakemeyo.

33 Bamesaba uJehova, bakhonza nawonkulunkulu babo njengomthetho wezizwe ababesuswe phakathi kwazo.

34 Kuze kube namuhla benza njengemithetho yakuqala: abamesabi uJehova, abenzi njengezimiso, nezimemezelo zabo, nomthetho wabo, nemiyalo yabo uJehova ayala ngayo abantwana bakwaJakobe amutha u-Israyeli,

35 uJehova enza nabo isivumelwano, wabayala wathi: Aniyikwesaba abanye onkulunkulu, ningakhothameli kubo, ningabakhonzi, ningabahlabeli;

36 kepha uJehova owanikhuphula ezweni laseGibithe ngamandla amakhulu nangengalo eyeluliweyo yena niyakumesaba, kuyena niyakukhothamela, nimhlabele yena;

37 izimiso nezimemezelo nomthetho nemiyalo anilobela khona yikho eniyakukugcina ukuba nikwenze; ningesabi abanye onkulunkulu;

38 aniyikukhohlwa isivumelwano engisenzile nani, ningesabi abanye onkulunkulu;

39 kepha niyakwesaba uJehova uNkulunkulu wenu; yena uyakunophula esandleni sazo zonke izitha zenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

40 Nokho abalalelanga, kodwa benza njengemithetho yabo yakuqala.

41 Zesaba-ke lezo zizwe uJehova, kepha zakhonza izithombe zazo ezibaziweyo, kanjalo nabantwana bazo nabantwana babantwana bazo; njengalokho benzile oyise, benze njalo nabo kuze kube namuhla.

## 2 AmaKhosi 18

### UHezekiya uyinkosi kwaJuda

1 Kwathi ngomnyaka wesithathu kaHosheya indodana ka-Ela, inkosi yakwa-Israyeli, uHezekiya indodana ka-Ahazi inkosi yakwaJuda waba yinkosi.

2 Wayeneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi amabili nesishiyagalolunye eJerusalema; igama likanina lalingu-Abi indodakazi kaZakariya.

3 Wenza okulungile emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo uDavide uyise.

4 Wasusa izindawo eziphakemeyo, wadiliza izinsika, wanquma o-Ashera, wachitha inyoka yethusi ayeyenzile uMose, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli babeshisa impepho kuyo kwaze kwaba ngalezo zinsuku; yabizwa ngokuthi uNehushitani.

5 Wamethemba uJehova uNkulunkulu wakwa-Israyeli kwaze kwangabakho onjengaye phakathi kwawo onke amakhosi akwaJuda nakuwo ayengaphambi kwakhe.

6 Ngokuba wabambelela kuJehova, akasukanga ekumlandeleni, kepha wagcina imiyalo yakhe uJehova ayala ngayo uMose.

7 UJehova wayenaye; nomaphi lapho eya khona, waphumelela; wayihlubuka inkosi yase-Asiriya, kayikhonzanga.

8 Wachitha amaFilisti kwaze kwaba seGaza nemikhawulo yalo, imibhoshongo yabalindi nemizi ebiyelweyo.

### IJerusalema lihlaselwa ngoShalimaneseri noSaneheribi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[9] Kwathi ngomnyaka wesine wenkosi uHezekiya owawungumnyaka wesikhombisa kaHosheya indodana ka-Ela, inkosi yakwa-Israyeli, uShalimaneseri inkosi yase-Asiriya wenyuka walivimbezela iSamariya.

[10] Ngasekupheleni kweminyaka emithathu balithatha; ngomnyaka wesithupha kaHezekiya owawungumnyaka wesishiyagalolunye kaHosheya inkosi yakwa-Israyeli iSamariya lathathwa.

[11] Inkosi yase-Asiriya yathumbela u-Israyeli e-Asiriya, yababeka eHala naseHabori ngasemfuleni waseGozani nasemizini yamaMede,

[12] ngokuba abalalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wabo, kepha beqa isivumelwano sakhe; konke ayala ngakho uMose inceku kaJehova kabavumanga ukukulalela nokukwenza.

[13] Ngomnyaka weshumi nane wenkosi uHezekiya, uSaneheribi inkosi yase-Asiriya wenyuka wahlasela yonke imizi ebiyelweyo yakwaJuda, wayithatha.

[14] UHezekiya inkosi yakwaJuda wathumela enkosini yase-Asiriya eLakishi, wathi: Ngonile; buya kimi; okubeka kimi ngiyakukwenza. Inkosi yase-Asiriya yamnqumela uHezekiya inkosi yakwaJuda amatalenta angamakhulu amathathu esiliva namatalenta angamashumi amathathu egolide.

[15] UHezekiya wamnika lonke isiliva elalifunyanwa endlini kaJehova nasengcebeni endlini yenkosi.

[16] Ngaleso sikhathi uHezekiya wanquma izivalo zethempeli likaJehova nezinsika uHezekiya inkosi yakwaJuda ayezinamekile, wakunika inkosi yase-Asiriya.

### Inkulumo kaRabi Shake

[17] Inkosi yase-Asiriya yathuma oTharithani, noRabi Sarisi, noRabi Shake ukuba basuke eLakishi, baye enkosini uHezekiya eJerusalema, benempi enkulu. Benyuka bafika eJerusalema. Sebenyukile bafika, bema ngasemseleni wechibi lasenhla elingasendleleni yeNsimu yoMhlanzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

18 Bayibiza inkosi, kwaphumela kubo u-Eliyakimi indodana kaHilikiya owayephezu kwendlu, noShebina umbhali, noJowa indodana ka-Asafa, umabhalana.

19 Wathi kubo uRabi Shake: Ake nisho kuHezekiya, nithi: Isho kanje inkosi enkulu, inkosi yase-Asiriya, ithi: Yithemba lini leli olethembayo na?

20 Wena uyakhuluma, kepha kungamazwi angawomlomo nje lana ngesu nangamandla okulwa. Pho, wethemba bani, lokhu ungihlubukile, na?

21 Manje bheka, wethemba udondolo lwalo mhlanga ofecekileyo oyiGibithe; kepha uma umuntu ezimelela ngalo, luyakungena esandleni sakhe, lusihlabe; unjalo uFaro inkosi yaseGibithe kubo bonke abamethembayo.

22 Kepha uma nithi kimi: Siyamethemba uJehova uNkulunkulu wethu, akusiye yini ozindawo zakhe eziphakemeyo nama-altare akhe akususile uHezekiya, wathi kuJuda nakulo iJerusalema: Niyakukhuleka phambi kwaleli altare eJerusalema, na?

23 Ngalokho ake uvumelane nenkosi yami, inkosi yase-Asiriya, ngiyakukunika amahhashi ayizinkulungwane ezimbili, uma ungabeka izinkweli kuwo.

24 Pho, ungaphindisela emuva kanjani nenduna eyodwa ezincekwini ezincane zenkosi yami na? Nokho wethemba iGibithe ukuthola khona izinqola nabamahhashi.

25 Manje ngenyukele yini ngaphandle kukaJehova kule ndawo ukuba ngiyichithe na? UJehova wathi kimi: Yenyukela kulelo zwe, ulichithe.

26 Base bethi u-Eliyakimi indodana kaHilikiya noShebina noJowa kuRabi Shake: Ake ukhulume ezincekwini zakho ngesi-Aramu, ngokuba siyaluzwa, ungakhulumi kithi ngolimi lwabaJuda ezindlebeni zabantu abasogangeni.

27 Kepha uRabi Shake wathi kubo: Inkosi yami ingithumile yini enkosini yakho nakuwena ukukhuluma lawa mazwi na? Hhayi kulaba bantu yini abahlezi ogangeni ukuba badle amasimba abo, baphuze umshobingo wabo kanye nani, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28Wayesema uRabi Shake, wamemeza ngezwi elikhulu ngolimi lwabaJuda, wakhuluma wathi: Zwanini amazwi enkosi enkulu, inkosi yase-Asiriya.

29Isho kanje inkosi, ithi: Maningakhohliswa nguHezekiya, ngokuba akayikuba namandla okunophula esandleni sami;

30 futhi uHezekiya makanganenzi nethembe uJehova ngokuthi: UJehova uyakusophula nokusophula, nalo muzi awuyikunikelwa esandleni senkosi yase-Asiriya.

31 Ningamlaleli uHezekiya, ngokuba inkosi yase-Asiriya isho kanje, ithi: Yenzani ukuthula nami, niphumele kimi, nidle, kube yilowo nalowo emvinini wakhe, kube yilowo nalowo emkhiwaneni wakhe, niphuze, kube yilowo nalowo amanzi omthombo wakhe,

32ngize ngifike, nginiyise ezweni elinjengezwe lakini, izwe lamabele nelewayini, izwe lesinkwa nelezivini, izwe leminqumo nezinyosi, ukuba niphile, ningafi. Futhi ningamlaleli uHezekiya, lapho eniyenga ngokuthi: UJehova uyakusophula.

33Abanye onkulunkulu bezizwe bake bophula nokophula yini izwe lakubo esandleni senkosi yase-Asiriya na?

34Baphi onkulunkulu baseHamati nase-Aripadi na? Baphi onkulunkulu baseSefarivayimi, nabaseHena, nabase-Iva, na? Balophulile iSamariya esandleni sami na?

35Ngobani phakathi kwabo bonke onkulunkulu bamazwe abophule izwe lakubo esandleni sami ukuba uJehova alophule iJerusalema esandleni sami na?

36Kepha abantu bathula, abamphendulanga ngazwi, ngokuba umyalo wenkosi wathi: Ningamphenduli.

37 Base befika u-Eliyakimi indodana kaHilikiya owayephezu kwendlu, noShebina umlobi, noJowa indodana ka-Asafa, umabhalana, kuHezekiya, izingubo zabo ziklebhukile, bamlandisa amazwi kaRabi Shake.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## 2 AmaKhosi 19

### Isiprofetho sika-Isaya ngabase-Asiriya

1 Kwathi inkosi uHezekiya ikuzwile lokho, yaklebhula izingubo zayo,
yazembesa indwangu yamasaka, yangena endlini kaJehova.

2 Yathuma u-Eliyakimi owayephezu kwendlu, noShebina umbhali, namalunga abapristi, bembeswe izindwangu zamasaka, ku-Isaya umprofethi, indodana ka-Amose.

3 Bathi kuye: Usho kanje uHezekiya, uthi: Lolo suku lungusuku losizi nolokusolwa nolokudelelwa, ngokuba abantwana sebefikile ekuzalweni, kepha amandla okubeletha awakho.

4 Mhlawumbe uJehova uNkulunkulu wakho uyakuzwa onke amazwi kaRabi Shake othunywe yinkosi yase-Asiriya, inkosi yakhe, ukweyisa uNkulunkulu ophilayo, asole amazwi uJehova uNkulunkulu wakho awezwileyo; ngalokho phakamisela insali esafunyanwayo umkhuleko wakho.

5 Izinceku zenkosi uHezekiya sezifikile ku-Isaya,

6 u-Isaya wathi kuzo: Niyakusho kanje enkosini yenu, nithi: Usho kanje uJehova, uthi: Ungesabi lawo mazwi owezwileyo, izinceku zenkosi yase-Asiriya ezingithuke ngawo.

7 Bhekani, ngiyakubeka umoya kuyo, izwe amahemuhemu, ibuyele ezweni lakubo, ngiyiwise ngenkemba ezweni lakubo.

8 Wayesebuya uRabi Shake, wafumana inkosi yase-Asiriya ilwa neLibina, ngokuba wayezwile ukuthi isukile eLakishi.

9 Kepha isizwile ngoTirahaka inkosi yaseKushe ukuthi: Bheka, uphumile ukulwa nawe, yabuye yathuma izithunywa kuHezekiya, yathi:

10 Niyakukhuluma kanje kuHezekiya inkosi yakwaJuda, nithi: UNkulunkulu wakho omethembayo makangakukhohlisi ngokuthi iJerusalema aliyikunikelwa esandleni senkosi yase-Asiriya.

11 Bheka, wena uzwile okwenziwe ngamakhosi ase-Asiriya kuwo onke amazwe ngokuwachitha; pho, wena uyakophulwa na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Onkulunkulu balezo zizwe ezachithwa ngobaba, iGozani, neHarana,
neResefi, nabantwana base-Edene abaseThelasari, bazophula na?

13Iphi inkosi yaseHamati, nenkosi yase-Aripadi, nenkosi yomuzi
waseSefarivayimi, naseHena, nase-Iva, na?

14UHezekiya wayamukela incwadi esandleni sezithunywa, wayifunda;
uHezekiya wayesenyukela endlini kaJehova, wayeneka phambi kukaJehova.

15 UHezekiya wakhuleka phambi kukaJehova, wathi: Jehova Nkulunkulu ka-
Israyeli ohlezi phezu kwamakherubi, wena unguNkulunkulu, wena wedwa,
wemibuso yonke yomhlaba, wena wenzile izulu nomhlaba.

16Beka, Jehova, indlebe yakho, uzwe; vula amehlo akho, Jehova, ubone,
uzwe amazwi kaSaneheribi athume ukweyisa ngawo uNkulunkulu ophilayo.

17 Yiqiniso, Jehova; amakhosi ase-Asiriya achithile izizwe namazwe azo,

18 alahlile onkulunkulu bawo emlilweni, ngokuba babengesibo onkulunkulu,
babe ngumsebenzi wezandla zomuntu kuphela, umuthi namatshe; ngalokho
abachithile.

19Manje, Jehova Nkulunkulu wethu, ake usisindise esandleni sakhe ukuba
yonke imibuso yomhlaba yazi ukuthi wena Jehova unguNkulunkulu, yebo,
wena wedwa.

20U-Isaya indodana ka-Amose wathumela kuHezekiya, wathi: Usho kanje
uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Lokho okukhuleke kimi
ngoSaneheribi inkosi yase-Asiriya ngikuzwile.

21Nanti izwi uJehova alikhulumile ngaye: Ikudelele yakuhleka usulu intombi,
indodakazi yaseSiyoni; ikunikinele ikhanda indodakazi yaseJerusalema.

22Weyise bani, wathuka bani, na? Uphakamisele bani izwi lakho, wabhekisa
phezulu amehlo akho, na? NgoNgcwele ka-Israyeli!

23Ngesandla sezithunywa zakho uyijivazile inkosi, wathi: Ngobuningi
bezinqola zami ngenyuke mina phezulu ezintabeni ngaphakathi
kweLebanoni; ngigawula imisedari yalo emide nemisayipuresi yalo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ekhethekileyo ngangena endaweni yalo yokugcina nasehlathini lalo eliminyeneyo.

24 Ngemba, ngaphuza amanzi angaziwayo; ngomisa ngamathe onyawo lwami yonke imifula yaseGibithe.

25 Awuzwanga ukuthi kade ngakuhlela na? Emihleni yasendulo ngakunquma; manje sengikulethile ukuba uchithe imizi ebiyelweyo, ibe yizinqwaba.

26 Abakhe kuyo babe namandla amancane, besaba, bajabha; baba njengotshani basendle, nembali notshani obuluhlaza, nokuluhlaza ezimpahleni zezindlu, namabele ahamukile engakakhuli.

27 Kepha ukuhlala kwakho, nokuphuma kwakho, nokungena kwakho ngiyakwazi, nokubhovumula kwakho ngami.

28 Ngenxa yokubhovumula kwakho ngami, nangokuba ukuzidla kwakho kwenyukele ezindlebeni zami, ngiyakubeka ingwegwe yami emakhaleni akho netomu lami emlonyeni wakho, ngikubuyise ngendlela oweza ngayo.

29 Lokhu kuyakuba yisibonakaliso kuwe: Niyakudla ngalo mnyaka okuzikhulelayo, nangomnyaka wesibili isihlabane, nangomnyaka wesithathu hlwanyelani, nivune, nitshale izivini, nidle izithelo zazo.

30 Abasindileyo bendlu yakwaJuda abaseleyo bayakubuye bagxile phansi, bathele izithelo phezulu.

31 Ngokuba kuyakuphuma eJerusalema insali nasentabeni yaseSiyoni abayakusinda; ukushisekela kukaJehova kuyakufeza lokho.

32 Ngalokho usho kanje uJehova ngenkosi yase-Asiriya, uthi: Ayiyikungena kulo muzi, ayiyikucibishela mcibisholo khona; ayiyikubhekisa kuwo isihlangu, ayiyikunqwabela iduli ngakuwo.

33 Indlela eyafika ngayo, iyakubuya ngayo; ayiyikungena kulo muzi, usho uJehova.

34 Ngiyakuwuvikela lo muzi ukuba ngiwusindise ngenxa yami nangenxa yenceku yami uDavide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35 Kwathi ngalobo busuku kwaphuma ingelosi kaJehova, yabulala ekamu labase-Asiriya abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayishiyagalombili nanhlanu; sekuvukwa ngakusasa, bheka, kwakuyizidumbu zodwa ezifileyo.

36Wayesesuka uSaneheribi inkosi yase-Asiriya, wahamba, wabuya, wahlala eNineve.

37Kwathi ekhuleka endlini kaNisiroki unkulunkulu wakhe, o-Adirameleki noSareseri bambulala ngenkemba, babalekela ezweni lase-Ararati. U-Esari Hadoni indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 AmaKhosi 20

### Ukugula kukaHezekiya nokufa kwakhe

1 Ngalezo zinsuku uHezekiya wagula, wayephansi kokufa. Kwafika kuye u-Isaya umprofethi, indodana ka-Amose, wathi kuye: Usho kanje uJehova, uthi: Yalela indlu yakho, ngokuba uyakufa, awuyikusinda.

2Wayesephendulela ubuso bakhe odongeni, wakhuleka kuJehova, wathi:

3 Ngiyacela, Jehova: ake ukhumbule ukuthi ngihambile phambi kwakho ngeqiniso nangenhliziyo epheleleyo, ngenzile okuhle emehlweni akho. Wayesekhala uHezekiya ngokukhala okukhulu.

4Kwathi u-Isaya engakaphumi emzini ongaphakathi, izwi likaJehova lafika kuye, lathi:

5 Buya, uthi kuHezekiya umholi wabantu bami: Usho kanje uJehova uNkulunkulu kaDavide uyihlo, uthi: Ngizwile umkhuleko wakho, ngibonile izinyembezi zakho; bheka, ngiyakukuphilisa; ngosuku lwesithathu uyakwenyukela endlini kaJehova.

6 Ngiyakwenezela ezinsukwini zakho iminyaka eyishumi nanhlanu, ngikophule wena nalo muzi esandleni senkosi yase-Asiriya; ngiyakuwuvikela lo muzi ngenxa yami nangenxa yenceku yami uDavide.

7Wathi u-Isaya: Landani isigaxa samakhiwane. Basilanda, basibeka ethumbeni, wasinda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Wayesethi uHezekiya ku-Isaya: Siyakuba yini isibonakaliso sokuthi uJehova uyangiphilisa nokuthi ngiyakwenyukela endlini kaJehova ngosuku lwesithathu na?

9Wathi u-Isaya: Lesi siyakuba yisibonakaliso kuwe esivela kuJehova sokuthi uJehova uyakukwenza lokho akukhulumileyo: isithunzi siyakuya phambili izinyathelo eziyishumi, noma siyakubuya izinyathelo eziyishumi na?

10UHezekiya wathi: Kulula kuso isithunzi ukuba selule izinyathelo eziyishumi; qha, isithunzi masibuye izinyathelo eziyishumi.

11U-Isaya umprofethi wakhala kuJehova, wasibuyisa isithunzi izinyathelo eziyishumi ebesizehlile ezinyathelweni zika-Ahazi.

**Izithunywa zaseBabele**

12 Ngaleso sikhathi uMerodaki Baladani indodana kaBaladani, inkosi yaseBabele, wathuma abanezincwadi nesipho kuHezekiya, ngokuba wayezwile ukuthi uHezekiya kade egula.

13UHezekiya wabalalela, wababonisa yonke indlu yengcebo yakhe, isiliva, negolide, namakha, namafutha amahle, nendlu yezikhali zakhe, nakho konke okwafunyanwa engcebeni yakhe; akubangakho nto endlini yakhe nasembusweni wakhe wonke angababonisanga yona.

14Wayesefika u-Isaya umprofethi enkosini uHezekiya, wathi kuye: Batheni labo bantu; beze kuwe bevelaphi na? Wathi uHezekiya: Bavela ezweni elikude eBabele.

15Wayesethi: Baboneni endlini yakho na? UHezekiya wathi: Babone konke okusendlini yami; akukho nto phakathi kwengcebo yami engingababonisanga yona.

16U-Isaya wathi kuHezekiya: Yizwa izwi likaJehova:

17 Bheka, izinsuku ziyeza, lapho konke okusendlini yakho nalokho oyihlo abakubekelele khona kuze kube namuhla kuyakuyiswa eBabele; akuyikusala lutho, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[18] Nasemadodaneni akho ayakuphuma kuwe, oyakuwazala, bayakuwathatha abe yizinceku endlini yobukhosi yenkosi yaseBabele.

[19]Wayesethi uHezekiya ku-Isaya: Lihle izwi likaJehova olikhulumileyo. Wathi futhi: Akunjalo, uma kuyakuba khona ukuthula nokulondeka emihleni yami, na?

[20]Ezinye izindaba zikaHezekiya, nawo onke amandla akhe, nokwenza kwakhe ichibi nomsele, nokungenisa kwakhe amanzi emzini, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

[21]UHezekiya wayeselala koyise. UManase indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 AmaKhosi 21

### UManase uyinkosi kwaJuda

[1] UManase wayeneminyaka eyishumi nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi ayisihlanu nanhlanu eJerusalema; igama likanina lalinguHefisiba.

[2]Wenza okubi emehlweni kaJehova njengezinengiso zabezizwe uJehova abaxosha phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

[3] Wabuye wakha izindawo eziphakemeyo uHezekiya uyise azichithile; wamisela uBali ama-altare, wenza u-Ashera njengokwenza kuka-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli, wakhuleka kulo lonke ibandla lasezulwini, walikhonza.

[4] Wakha ama-altare endlini kaJehova, uJehova asho ngayo ukuthi: Ngiyakubeka igama lami eJerusalema.

[5]Wakhela nalo lonke ibandla lasezulwini ama-altare emagcekeni omabili endlu kaJehova.

[6] Wadabulisa indodana yakhe emlilweni, wahlola imihlola, wenza imilingo, wamisa abanamadlozi, nabathakathi, wenza okubi okuningi emehlweni kaJehova, waze wamcunula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Wabeka isithombe esibaziweyo sika-Ashera asenzileyo endlini asho ngayo
uJehova kuDavide nakuSolomoni indodana yakhe ukuthi: Kule ndlu
naseJerusalema engilikhethile ezizweni zonke zakwa-Israyeli ngiyakubeka
igama lami kuze kube phakade;

8futhi angisayikuzulisa izinyawo zika-Israyeli, zisuke ezweni engalinika oyise,
uma beyakugcina kuphela ukwenza njengakho konke engibayale ngakho
nanjengawo wonke umthetho eyabayala ngawo inceku yami uMose.

9Kepha abalalelanga; uManase wabaphambukisa baze benza okubi
kunabezizwe abachithayo uJehova phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

10UJehova wayesekhuluma ngezinceku zakhe abaprofethi, wathi:

11 Ngokuba uManase inkosi yakwaJuda enzile lezi zinengiso, enze kabi
kunakho konke ukwenza kwama-Amori ayephambi kwakhe, wonisa noJuda
ngezithombe zakhe,

12 ngalokho usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka,
ngiletha okubi phezu kweJerusalema naphezu kukaJuda ngangokuthi bonke
abakuzwayo, izindlebe zabo zombili ziyakunkeneza ngakho.

13 Ngiyakwelula phezu kweJerusalema umucu wokulinganisa waseSamariya,
nomthofu wokumisa indlu ka-Ahabi; ngiyakwesula iJerusalema njengalokho
umuntu esula isitsha, esesula asigumbuqele.

14Ngiyakushiya insali yefa lami, ngiyinikele esandleni sezitha zayo, ibe
yimpango nento ebanjiweyo yazo zonke izitha zayo;

15ngokuba yenzile okubi emehlweni ami, ingicunulile kusukela osukwini
oyise abaphuma ngalo eGibithe kuze kube namuhla.

16Futhi uManase wachitha kakhulu igazi elingenacala, waze wagcwalisa
iJerusalema kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni, ngaphandle kwesono
sakhe onisa ngaso uJuda ngokwenza okubi emehlweni kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[17]Ezinye izindaba zikaManase, nakho konke akwenzayo, nesono sakhe ona ngaso, angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

[18]UManase wayeselala koyise, wembelwa ensimini yendlu yakhe, insimu ka-Uza; u-Amoni indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[19]U-Amoni wayeneminyaka engamashumi amabili nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka emibili eJerusalema; igama likanina lalinguMeshulemeti, indodakazi kaHarusi waseJothiba.

[20]Wenza okubi emehlweni kaJehova njengalokho enzile uManase uyise.

[21]Wahamba ngezindlela zonke uyise ahamba ngazo, wakhonza izithombe azikhonzayo uyise, wakhuleka kuzo;

[22]washiya uJehova uNkulunkulu wawoyise, kahambanga ngendlela kaJehova.

[23]Izinceku zika-Amoni zamenzela ugobe, zayibulala inkosi endlini yayo.

[24]Kepha abantu bezwe bababulala bonke ababeyenzela inkosi u-Amoni ugobe; abantu bezwe bambeka uJosiya indodana yakhe inkosi esikhundleni sakhe.

[25]Ezinye izindaba zika-Amoni azenzayo angithi zilotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

[26] Wembelwa ethuneni lakhe ensimini ka-Uza; uJosiya indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 AmaKhosi 22

### Ukubusa kukaJosiya

[1] UJosiya wayeneminyaka eyisishiyagalombili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi amathathu nanye eJerusalema; igama likanina lalinguJedida indodakazi ka-Adaya waseBosikati.

[2]Wenza okulungile emehlweni kaJehova, wahamba ngendlela yonke kaDavide uyise, kachezukelanga ngakwesokunene nangakwesokhohlo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[3]Kwathi ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili wenkosi uJosiya inkosi yathuma uShafani indodana ka-Asaliya kaMeshulamu, umbhali, endlini kaJehova, yathi:

[4] Yenyukela kuHilikiya umpristi omkhulu ukuba abale imali eyiswe endlini kaJehova, iqoqwe ngabalindimnyango kubantu,

[5]bayibeke esandleni sezisebenzi eziphethe indlu kaJehova, bakhokhele ngayo abasebenza umsebenzi wasendlini kaJehova ukulungisa izimfa zendlu,

[6]ababazi, nabakhi, nabakha ngamatshe, nokuthenga imithi namatshe abaziweyo ukulungisa indlu.

[7]Nokho akubalelwananga nabo ngemali eyabekwa esandleni sabo, ngokuba babethembekile ekuphatheni kwabo.

**Incwadi yomthetho**

[8] UHilikiya, umpristi omkhulu, wathi kuShafani umbhali: Ngifumene incwadi yomthetho endlini kaJehova. UHilikiya wanika uShafani leyo ncwadi, wayifunda.

[9]UShafani umbhali waya enkosini, waletha umbiko enkosini, wathi: Izinceku zakho zithululile imali eyafunyanwa endlini, zayibeka esandleni sezisebenzi eziphethe indlu kaJehova.

[10]UShafani umbhali wayitshela inkosi, wathi: UHilikiya umpristi unginike incwadi. UShafani wayifunda phambi kwenkosi.

[11]Kwathi lapho inkosi isizwile amazwi encwadi yomthetho, yaziklebhula izingubo zayo.

[12]Inkosi yayala uHilikiya umpristi, no-Ahikamu indodana kaShafani, no-Akibori indodana kaMikhaya, noShafani umbhali, no-Asaya inceku yenkosi, ithi:

[13] Hambani ningibuzele kuJehova, mina nabantu, naye wonke uJuda ngamazwi ale ncwadi efunyenweyo, ngokuba inkulu intukuthelo kaJehova esivuthelayo, ngokuba obaba abalalelanga amazwi ale ncwadi ukwenza njengakho konke okulotshiwe ngathi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Umprofethikazi uHulida

14Base behamba uHilikiya umpristi, no-Ahikamu, no-Akibori, noShafani, no-Asaya, baya kuHulida umprofethikazi, umkaShalumi, indodana kaThikiva kaHarihasi, umgcinizingubo -- wahlala eJerusalema enxenyeni yesibili -- bakhuluma kuye.

15Wathi kubo: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Tshelani umuntu onithume kimi ukuthi:

16Usho kanje uJehova, uthi: Bhekani, ngiyakwehlisela okubi phezu kwale ndawo naphezu kwabakhileyo kuyo, onke amazwi aleyo ncwadi eyifundile inkosi yakwaJuda,

17ngokuba bangishiyile, bashisela abanye onkulunkulu impepho baze bangicunula ngawo wonke umsebenzi wezandla zabo; intukuthelo yami iyakuvuthela le ndawo, ayiyikucinywa.

18Kepha enkosini yakwaJuda eyanithuma ukubuza kuJehova niyakusho kuyo kanje, nithi: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Maqondana namazwi owezwileyo,

19ngenxa yokuba inhliziyo yakho yayithambile wazithoba phambi kukaJehova, lapho wezwa lokho engakukhuluma ngale ndawo nangabakhileyo kuyo ukuthi kuyakuba yincithakalo nesiqalekiso, waklebhula izingubo zakho, wakhala phambi kwami, mina ngikuzwile, usho uJehova.

20Ngalokho bheka, ngiyakukubuthela koyihlo ubuthelwe ethuneni lakho ngokuthula, angaboni amehlo akho konke okubi engiyakukwehlisela phezu kwale ndawo. Babuyisela enkosini leli zwi.

## 2 AmaKhosi 23

### Isivuselelo sikaJosiya

1 Inkosi yathumela, babuthela kuyo onke amalunga akwaJuda nawaseJerusalema.

2 Inkosi yenyukela endlini kaJehova, bonke abantu bakwaJuda nabo bonke abakhileyo eJerusalema benayo, kanye nabapristi nabaprofethi, yebo, abantu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

bonke, abancane nabakhulu, yafunda ezindlebeni zabo onke amazwi encwadi yesivumelwano ebifunyenwe endlini kaJehova.

3 Inkosi yema ngasensikeni, yenza isivumelwano phambi kukaJehova ukumlandela uJehova nokugcina imiyalo yakhe, nobufakazi bakhe, nezimiso zakhe ngenhliziyo yonke nangomphefumulo wonke ukuqinisa amazwi alesi sivumelwano alotshwe kule ncwadi; bonke abantu basivuma isivumelwano.

4 Inkosi yayisiyala uHilikiya umpristi omkhulu, nabapristi besigaba sesibili, nabalindimnyango ukukhipha ethempelini likaJehova zonke izinto ezazenzelwe oBali, no-Ashera, nebandla lonke lasezulwini, yazishisa ngaphandle kweJerusalema emasimini aseKidroni, yayisa umlotha wazo eBethele.

5 Yabasusa abapristi bezithombe amakhosi akwaJuda abamisele ukushisa impepho ezindaweni eziphakemeyo emizini yakwaJuda nanxazonke zeJerusalema, kanye nabashisa impepho kuBali nakulo ilanga nenyanga nezinkanyezi nalo lonke ibandla lasezulwini.

6 Yakhipha u-Ashera endlini kaJehova, yamkhiphela phandle kweJerusalema, yamyisa ngasemfudlaneni iKidroni, yamshisa ngasemfudlaneni iKidroni, yamcolisisa waba yincushuncushu, yayiphonsa incushuncushu yakhe emathuneni abantu nje.

7 Yadiliza izindlu zezifebe zethempeli ezazisendlini kaJehova, lapho abesifazane bemelukela khona u-Ashera amatende.

8 Yakhipha bonke abapristi emizini yakwaJuda, yangcolisa izindawo eziphakemeyo, lapho abapristi bebeshise khona impepho, kusukela eGeba kuze kube seBeri Sheba; yadiliza izindawo eziphakemeyo zasemasangweni asesikhaleni sesango likaJoshuwa umphathimuzi, ezazingakwesokhohlo somuntu ngasesangweni lomuzi.

9 Kodwa abapristi basezindaweni eziphakemeyo babengenyukeli e-altare likaJehova eJerusalema, kepha badla isinkwa esingenamvubelo phakathi kwabafowabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Yangcolisa iThofeti elisesigodini sabantwana bakwaHinomu ukuba kungabikho muntu odabulisa indodana yakhe noma indodakazi yakhe emlilweni kuMoloki.

11 Yasusa namahhashi amakhosi akwaJuda anikele ngawo kulo ilanga ngasendleleni yokungena endlini kaJehova ngasekamelweni likaNathani Meleki induna yasePariwarimi, yashisa izinqola zelanga ngomlilo.

12 Ama-altare ayesophahleni lwekamelo eliphezulu lika-Ahazi, elenziwe ngamakhosi akwaJuda, nama-altare enziwe nguManase emagcekeni omabili endlu kaJehova inkosi yawadiliza, yasuka yagijima, yalahla uthuli emfudlaneni iKidroni.

13 Izindawo eziphakemeyo ezaziphambi kweJerusalema, ngakwesokunene kweNtaba Yokonakala, uSolomoni inkosi yakwa-Israyeli ayezakhele u-Ashitaroti isinengiso samaSidoni, noKemoshi isinengiso sakwaMowabi, noMilkomu isinengiso sabantwana bakwa-Amoni, inkosi yazingcolisa.

14 Yaphahlaza izinsika, yanquma o-Ashera, yagcwalisa izindawo zabo ngamathambo abantu.

15 I-altare elaliseBethele, nendawo ephakemeyo eyenziwe nguJerobowamu indodana kaNebati owonisa u-Israyeli, nalelo altare kanye nendawo ephakemeyo yakudiliza, yayishisa indawo ephakemeyo, yayicolisisa yaba yincushuncushu, yashisa no-Ashera.

16 UJosiya waphenduka, wabona amathuna ayelapho entabeni; wathumela wakhipha amathambo emathuneni, wawashisa e-altare, walingcolisa njengezwi likaJehova alimemeza lowo muntu kaNkulunkulu owamemezela lezi zinto.

17 Wayesethi: Yitshe lini leli engilibonayo na? Abantu bomuzi bamtshela bathi: Yithuna lalowo muntu kaNkulunkulu owavela kwaJuda, wamemezela lezi zindaba osuzenzile nge-altare laseBethele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Wathi: Myekeni; mawanganyakaziswa muntu amathambo akhe. Base
beyeka amathambo akhe kanye namathambo alowo mprofethi owavela
eSamariya.

19Nazo zonke izindlu zezindawo eziphakemeyo ezazisemizini yaseSamariya,
ezenziwa ngamakhosi akwa-Israyeli acunula ngazo, uJosiya wazisusa, wenza
kuzona njengazo zonke izenzo azenzileyo eBethele.

20Wabulala ema-altare bonke abapristi basezindaweni eziphakemeyo ababe
lapho, washisa amathambo abantu phezu kwawo, wabuyela eJerusalema.

21 Inkosi yayisiyala bonke abantu ngokuthi: Yenzelani uJehova uNkulunkulu
wenu iphasika njengokulotshiwe kule ncwadi yesivumelwano.

22Ngokuba iphasika elinjalo lalingagcinwanga kusukela emihleni yabahluleli
abahlulela u-Israyeli, nasemihleni yonke yamakhosi akwa-Israyeli,
nakweyakwaJuda.

23Kepha ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili wenkosi uJosiya leli
phasika lenzelwa uJehova eJerusalema.

24 Futhi abanamadlozi, nabathakathi, namatherafi, nezithombe, nazo zonke
izinengiso ezazibonwa ezweni lakwaJuda naseJerusalema uJosiya wakuqeda
ukuba afeze amazwi omthetho alotshwe encwadini uHilikiya umpristi
ayifumanayo endlini kaJehova.

25 Kwakungekho nkosi phambi kwakhe eyaphendukela kuJehova ngayo
yonke inhliziyo yayo nangawo onke amandla ayo njengawo wonke umthetho
kaMose, nangasemva kwakhe akuvelanga enjengaye.

26 Nokho uJehova akabuyanga ekuvutheni kwentukuthelo yakhe enkulu,
intukuthelo yakhe eyavuthela ngakho uJuda, ngenxa yakho konke ukucunula
uManase ayemcunule ngakho.

27 UJehova wathi: Naye uJuda ngiyakumsusa ebusweni bami, njengalokho
ngisuse u-Israyeli, ngiwulahle lo muzi engawukhethayo, nendlu engasho
ngayo ukuthi igama lami liyakuba khona lapho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28Ezinye izindaba zikaJosiya nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

### Ukufa kukaJosiya

29 Emihleni yakhe uFaro Nekho inkosi yaseGibithe wenyukela enkosini yase-Asiriya ngasemfuleni u-Ewufrathe; inkosi uJosiya yaya ukuhlangabezana naye; wayibulala eMegido, isanele ukumbona nje.

30Izinceku zayo zayisusa ngenqola eMegido ifile, zayiyisa eJerusalema, zayimbela ethumeni layo. Abantu bezwe bamthatha uJehowahazi indodana kaJosiya, bamgcoba, bambeka inkosi esikhundleni sikayise.

### OJehowahazi noJehoyakimi bangamakhosi kwaJuda

31 UJehowahazi wayeneminyaka engamashumi amabili nantathu ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa izinyanga ezintathu eJerusalema; igama likanina lalinguHamuthali, indodakazi kaJeremiya waseLibina.

32Wenza okubi emehlweni kaJehova njengakho konke abakwenzileyo oyise.

33UFaro Nekho wambopha eRibila ezweni laseHamati ukuba angabe esabusa eJerusalema, wathelisa izwe amatalenta ayikhulu esiliva netalenta legolide.

34UFaro Nekho wambeka u-Eliyakimi indodana kaJosiya inkosi esikhundleni sikaJosiya uyise, waguqula igama lakhe laba nguJehoyakimi, kepha wamsusa uJehowahazi, waze waya eGibithe, wafela khona.

35 UJehoyakimi wamnika uFaro isiliva negolide, kepha wathelisa izwe ukuba anike imali njengezwi likaFaro. Wakhiphisa abantu bezwe isiliva negolide, kwaba yilowo nalowo njengentela yakhe ukunika uFaro Nekho.

36UJehoyakimi wayeneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nanye eJerusalema; igama likanina lalinguZebida, indodakazi kaPhedaya waseRuma.

37Wenza okubi emehlweni kaJehova njengakho konke abakwenzileyo oyise.

## 2 AmaKhosi 24

### Ukuphela kukaJehoyakimi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Emihleni yakhe kwenyuka uNebukadinesari inkosi yaseBabele; uJehoyakimi wayeyinceku yakhe iminyaka emithathu; wayesebuya, wamhlubuka.

2 UJehova wathuma kuye amaviyo amaKaledi, namaviyo ama-Aramu, namaviyo abakwaMowabi, namaviyo abantwana bakwa-Amoni, wawathuma kuJuda ukumchitha njengezwi likaJehova alikhulumayo ngesandla sezinceku zakhe abaprofethi.

3 Impela kwaba khona lokho kwaJuda ngezwi likaJehova ukubasusa ebusweni bakhe ngenxa yezono zikaManase njengakho konke akwenzileyo,

4 nangenxa yegazi elingenacala alichithayo, ngokuba wagcwalisa iJerusalema ngegazi elingenacala, lokhu uJehova akavumanga ukukuthethelela.

5Ezinye izindaba zikaJehoyakimi nakho konke akwenzayo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi akwaJuda na?

6UJehoyakimi wayeselala koyise; uJehoyakini indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

7Inkosi yaseGibithe ayiphindanga futhi ukuphuma ezweni lakubo, ngokuba inkosi yaseBabele yayithathile konke okwakungokwenkosi yaseGibithe, kusukela emfuleni waseGibithe kuze kube semfuleni u-Ewufrathe.

**OJehoyakini noSedekiya bangamakhosi kwaJuda**

8 UJehoyakini wayeneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa izinyanga ezintathu eJerusalema; igama likanina lalinguNehushita indodakazi ka-Elinathani waseJerusalema.

9Wenza okubi emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo uyise.

10Ngaleso sikhathi izinceku zikaNebukadinesari inkosi yaseBabele zenyukela eJerusalema, umuzi wavinjezelwa.

11UNebukadinesari inkosi yaseBabele weza emzini, izinceku zakhe zisawuvimbezele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12UJehoyakini inkosi yakwaJuda waphuma, waya enkosini yaseBabele, yena
nonina, nezinceku zakhe, nezikhulu zakhe, nezinduna zakhe; inkosi
yaseBabele yamthatha ngomnyaka wesishiyagalombili wokubusa kwakhe.

13Yakhipha khona yonke ingcebo yendlu kaJehova nengcebo yendlu yenkosi,
yahlahlela zonke izinto zegolide uSolomoni inkosi yakwa-Israyeli azenzileyo
ethempelini likaJehova njengokukhuluma kukaJehova.

14Yathumba lonke iJerusalema, nazo zonke izikhulu, nawo onke amaqhawe
anamandla, abathunjwa abayizinkulungwane eziyishumi, nezinyanga zonke
zemisebenzi, nabakhandi; akushiywanga muntu ngaphandle kwabantu
abayizimpofana bezwe.

15 Yathumba uJehoyakini, yamyisa eBabele; nonina wenkosi, nabafazi
benkosi, nezinduna zayo, nabakhulu bezwe yabamukisa ngokubathumba
eJerusalema, yabayisa eBabele.

16 Onke amadoda anamandla, ayizinkulungwane eziyisikhombisa,
nezinyanga, nabakhandi, abayinkulungwane, bonke bengamaqhawe
azilungiselele ukulwa, nabo inkosi yaseBabele yabayisa eBabele
ngokubathumba.

17 Inkosi yaseBabele yambeka uMathaniya, uyisekazi, inkosi esikhundleni
sakhe, yaguqula igama lakhe laba nguSedekiya.

18 USedekiya wayeneminyaka engamashumi amabili nanye ekuqaleni kwakhe
ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nanye eJerusalema; igama likanina
lalinguHamithali, indodakazi kaJeremiya waseLibina.

19Wenza okubi emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo
uJehoyakimi.

20Ngokuba kwenzeka lokho eJerusalema nakwaJuda ngenxa yentukuthelo
kaJehova, waze wabalahla ebusweni bakhe; uSedekiya wayihlubuka inkosi
yaseBabele.

## 2 AmaKhosi 25

### Ukuchithwa kweJerusalema

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Kwathi ngomnyaka wesishiyagalolunye wokubusa kwakhe, ngenyanga yeshumi ngolweshumi lwenyanga, uNebukadinesari inkosi yaseBabele wafika, yena nayo yonke impi yakhe, eJerusalema, wamisa malungana nalo; bakha inqaba ngakulo nxazonke.

2 Wawusuvinjezelwa umuzi kwaze kwaba ngumnyaka weshumi nanye wenkosi uSedekiya.

3 Ngosuku lwesishiyagalolunye lwenyanga indlala yaba namandla emzini, akubangakho kudla kubantu bezwe.

4 Kepha wawusufohlwa umuzi, onke amadoda empi abaleka ebusuku ngendlela yesango phakathi kwezingange zombili ezazingasensimini yenkosi amaKaledi ayekhona nxazonke zomuzi ahamba ngendlela yase-Araba.

5 Kodwa impi yamaKaledi yayixosha inkosi, yayifica emathafeni aseJeriko, yonke impi yayo yahlakazeka.

6 Ayeseyibamba inkosi, ayenyusela enkosini yaseBabele eRibila; ayahlulela.

7 Abulala amadodana kaSedekiya phambi kwamehlo akhe, akhipha amehlo kaSedekiya, ambopha ngamaketanga, amyisa eBabele.

8 Ngenyanga yesihlanu ngolwesikhombisa lwenyanga okwakungumnyaka weshumi nesishiyagalolunye wenkosi uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, kwafika uNebuzaradani induna yabalindi, inceku yenkosi yaseBabele, eJerusalema.

9 Washisa indlu kaJehova nendlu yenkosi; nazo zonke izindlu zaseJerusalema, zonke izindlu ezinkulu, wazishisa ngomlilo.

10 Yonke impi yamaKaledi induna yabalindi eyayinayo yadiliza izingange zaseJerusalema nxazonke.

11 Abanye abantu ababesele emzini, nabahlubukileyo behlubukela enkosini yaseBabele, nesixuku esiseleyo uNebuzaradani induna yabalindi wabathumba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

12 Kepha induna yabalindi yashiya abantu bezwe abayizimpofana ukuba
baphathe izivini namasimu.

13 Izinsika zethusi ezazisendlini yenkosi, nezinqe, nolwandle lwethusi
okwakusendlini kaJehova amaKaledi akuhlephula, athuthela ithusi lakho
eBabele.

14 Amakhanzi, namafosholo, nezizenze, nezinkezo, nazo zonke izitsha zethusi
ababekhonza ngazo akuthatha.

15 Nemicengezi yomlilo, nezitsha, okwegolide lodwa nesiliva lodwa, nalokho
induna yabalindi yakuthatha.

16 Izinsika zombili, nolwandle olwalulunye nje, nezinqe uSolomoni
ayekwenzele indlu kaJehova, ithusi lazo zonke lezi zinto
lalingenakulinganiswa.

17 Ukuphakama kwensika eyodwa kwakuyizingalo eziyishumi
nesishiyagalombili; phezu kwayo kwakukhona isihloko sethusi; ukuphakama
kwesihloko esisodwa kwakuyizingalo ezintathu; kwakukhona nenetha
namapomegranati phezu kwesihloko nxazonke, konke kwakungokwethusi;
kwakunjalo nasensikeni yesibili enetheni.

18 Induna yabalindi yathatha uSeraya umpristi omkhulu, noZefaniya umpristi
wesibili, nabalindimnyango abathathu;

19 yathatha emzini induna eyayimiswe phezu kwamadoda empi, nabantu
abayisihlanu kwababesebusweni benkosi abafunyanwa emzini, nombhali
wenduna yempi eyayibala abantu bezwe, nabantu bezwe abangamashumi
ayisithupha abafunyanwa emzini.

20 UNebuzaradani induna yabalindi wabathatha, wabayisa enkosini
yaseBabele eRibila.

21 Inkosi yaseBabele yabashaya, yababulala eRibila ezweni laseHamati.
Wathunjwa kanjalo uJuda ezweni lakubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

22 Abantu abaseleyo ezweni lakwaJuda abashiyiwe nguNebukadinesari inkosi yaseBabele, phezu kwabo wenza uGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani abe ngumbusi.

23Zonke izinduna zempi, zona nabantu bazo, sezizwile ukuthi inkosi yaseBabele imenzile uGedaliya umbusi ezweni, zaya kuGedaliya eMispa: u-Ishmayeli indodana kaNethaniya, noJohanani indodana kaKhareya, noSeraya indodana kaThanihumeti waseNethofa, noJahazaniya indodana yomMahakha, bona nabantu babo.

24UGedaliya wafunga kubo nakubantu babo, wathi kubo: Ningesabi izinceku zamaKaledi; hlalani ezweni, niyikhonze inkosi yaseBabele, kuyakuba kuhle kini.

25 Kepha kwathi ngenyanga yesikhombisa wafika u-Ishmayeli indodana kaNethaniya ka-Elishama wozalo lwenkosi, abantu abayishumi benaye, wamshaya uGedaliya waze wafa, kanye nabaJuda namaKaledi ayenaye eMispa.

26Abantu bonke, abancane nabakhulu, nezinduna zempi basuka baya eGibithe, ngokuba besaba amaKaledi.

27Kwathi ngomnyaka wamashumi amathathu nesikhombisa wokuthunjwa kukaJehoyakini inkosi yakwaJuda ngenyanga yeshumi nambili ngolwamashumi amabili nesikhombisa lwenyanga, u-Evili Merodaki inkosi yaseBabele, ngomnyaka wokuqala wokubusa kwakhe, waphakamisa ikhanda likaJehoyakini inkosi yakwaJuda, wamkhipha etilongweni,

28wakhuluma kahle kuye, wabeka isihlalo sakhe phezu kwezihlalo zamakhosi ayenaye eBabele.

29Waguqula izingubo zakhe zasetilongweni; wadla njalo phambi kwakhe zonke izinsuku zokuhamba kwakhe.

30Isabelo sakhe sasiyisabelo esimiyo semihla ngemihla, asiphiwa yinkosi zonke izinsuku zokuhamba kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# 1 iziKronike

## 1 iziKronike 1

### Okhokho abayishumi kusukela ku-Adamu kuze kube kuNowa. Amadodana kaNowa nabantwana bawo

1 O-Adamu, noSeti, no-Enoshe,

2 noKhenani, noMahalalele, noJarede,

3 no-Enoke, noMetushela, noLameka,

4 noNowa, noShemi, noHamu, noJafete.

5 Amadodana kaJafete: ngoGomere, noMagoge, noMadayi, noJavani, noThubali, noMesheke, noTirase.

6 Amadodana kaGomere: ngo-Ashikenaze, noDifate, noThogarma.

7 Amadodana kaJavani: ngo-Elisha, noTharishishi, noKitimi, noRodanimi.

8 Amadodana kaHamu: ngoKushe, noMisirayimi, noPhuthi, noKhanani.

9 Amadodana kaKushe: ngoSeba, noHavila, noSabita, noRama, noSabitheka. Amadodana kaRama: ngoSheba noDedani.

10 UKushe wazala uNimrode; yena waqala ukuba ngonamandla emhlabeni.

11 UMisirayimi wazala amaLudi, nama-Anami, namaLehabi, namaNafetuhi,

12 namaPatrusi, namaKasuluhi, lapho kwavela khona amaFilisti, namaKafitori.

13 UKhanani wazala uSidoni, izibulo lakhe, noHeti,

14 namaJebusi, nama-Amori, namaGirigashi,

15 namaHivi, nama-Arki, namaSini,

16 nama-Arvadi, namaSemari, namaHamati.

17 Amadodana kaShemi: ngo-Elamu, no-Ashuri, no-Arpakishade, noLude, no-Aramu, no-Use, noHule, noGeteri, noMesheke.

18 U-Arpakishade wazala uShela; uShela wazala u-Ebere.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19U-Ebere wazala amadodana amabili: igama lomunye lalinguPhelege, ngokuba emihleni yakhe izwe ladatshulwa. Igama lomfowabo lalinguJokothane.

20UJokothane wazala o-Alimodade, noShelefe, noHasaramavete, noJera,

21noHadoramu, no-Uzali, noDikila,

22no-Ebali, no-Abimayele, noSheba,

23no-Ofiri, noHavila, noJobabi; bonke labo babe ngamadodana kaJokothane;

24 oShemi, no-Arpakishade, noShela,

25no-Ebere, noPhelege, noRehu,

26noSerugi, noNahori, noThera,

27 no-Abrama ongu-Abrahama.

28 Amadodana ka-Abrahama: ngo-Isaka no-Ishmayeli.

29 Lezi ziyizizukulwane zabo: izibulo lika-Ishmayeli uNebayoti, noKedari, no-Adibeli, noMibisamu,

30noMishima, noDuma, noMasa, noHadadi, noThema,

31noJeturu, noNafishi, noKhedema. Labo babe ngamadodana ka-Ishmayeli.

32 Amadodana kaKetura, isancinza sika-Abrahama: wazala oZimrani, noJokishani, noMedani, noMidiyani, no-Ishibaki, noShuwa. Amadodana kaJokishani: ngoSheba noDedani.

33Amadodana kaMidiyani: ngo-Efa, no-Eferi, noHanoki, no-Abida, no-Elidaha. Bonke labo babe ngamadodana kaKetura.

34 U-Abrahama wazala u-Isaka. Amadodana ka-Isaka: ngo-Esawu no-Israyeli.

35 Amadodana ka-Esawu: ngo-Elifazi, noRehuweli, noJewushe, noJalamu, noKora.

36Amadodana ka-Elifazi: ngoThemani, no-Omari, noSefi, noGathamu, noKenazi, noThimna, no-Amaleki.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37Amadodana kaRehuweli: ngoNahati, noZera, noShama, noMiza.

38Amadodana kaSeyiri: ngoLothani, noShobali, noSibeyoni, no-Ana,
noDishoni, no-Eseri, noDishani.

39Amadodana kaLothani: ngoHori noHomamu; udadewabo kaLothani
wayenguThimna.

40Amadodana kaShobali: ngo-Aliyani, noManahati, no-Ebali, noShefi, no-
Onamu. Amadodana kaSibeyoni: ngo-Aya no-Ana.

41Amadodana ka-Ana: nguDishoni. Amadodana kaDishoni: ngoHamrani, no-
Eshibani, noJitrani, noKerani.

42Amadodana ka-Eseri: ngoBilihani, noZahawana, noJahakhani. Amadodana
kaDishani: ngo-Use no-Arana.

43Lawa angamakhosi abusa ezweni lakwa-Edomi, kungakabusi nkosi phezu
kwabantwana bakwa-Israyeli: uBela indodana kaBeyori. Igama lomuzi wakhe
laliyiDinihaba.

44Wafa uBela; uJobabi indodana kaZera waseBosira waba yinkosi
esikhundleni sakhe.

45Wafa uJobabi; uHushamu wasezweni labakwaThemani waba yinkosi
esikhundleni sakhe.

46Wafa uHushamu; uHadadi, indodana kaBedadi, owanqoba abakwaMidiyani
ethafeni lakwaMowabi, waba yinkosi esikhundleni sakhe; igama lomuzi
wakhe laliyi-Aviti.

47Wafa uHadadi; uSamla waseMasireka waba yinkosi esikhundleni sakhe.

48Wafa uSamla; uShawule waseRehoboti ngaseMfuleni waba yinkosi
esikhundleni sakhe.

49Wafa uShawule; uBali Hanani indodana ka-Akibori waba yinkosi
esikhundleni sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[50]Wafa uBali Hanani; uHadadi waba yinkosi esikhundleni sakhe; igama lomuzi wakhe laliyiPhahi; igama lomkakhe lalinguMehetabeli indodakazi kaMatiredi, indodakazi kaMezahabi.

[51]Wafa uHadadi; abanumzane bakwa-Edomi kwakuyilaba: umnumzane uThimna, nomnumzane u-Aliya, nomnumzane uJeteti,

[52]nomnumzane u-Oholibama, nomnumzane u-Ela, nomnumzane uPhinoni,

[53]nomnumzane uKenazi, nomnumzane uThemani, nomnumzane uMibisari,

[54]nomnumzane uMagidiyeli, nomnumzane u-Iramu. Yilabo abangabanumzane bakwa-Edomi.

## 1 iziKronike 2

### Amadodana kaJakobe, nakaJuda, nakaHesironi, nakaKalebi

[1] Nanka amadodana ka-Israyeli: oRubeni, noSimeyoni, noLevi, noJuda, no-Isakare, noZebuloni,

[2]noDani, noJosefa, noBenjamini, noNafetali, noGadi, no-Asheri.

[3] Amadodana kaJuda: ngo-Eri, no-Onani, noShela; labo abathathu bazalwa nguye kuBati Shuwa, umKhananikazi. Kepha u-Eri, izibulo likaJuda, wayemubi emehlweni kaJehova; wambulala.

[4] UTamari umalokazana wakhe wamzalela oPheresi noZera. Onke amadodana kaJuda ayeyisihlanu.

[5] Amadodana kaPheresi: ngoHesironi noHamule.

[6]Amadodana kaZera: ngoZimri, no-Ethani, noHemani, noKalikoli, noDara, eyisihlanu onke.

[7] Amadodana kaKarmi: ngo-Akari, umhluphi ka-Israyeli, owenza isiphambeko ngokuqalekisiweyo.

[8]Amadodana ka-Ethani: ngu-Azariya.

[9]Amadodana kaHesironi awazalelwayo: ngoJerameli, noRamu, noKelubayi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 URamu wazala u-Aminadaba; u-Aminadaba wazala uNaheshoni, isikhulu sabantwana bakwaJuda;

11 uNaheshoni wazala uSalima; uSalima wazala uBowazi;

12 uBowazi wazala u-Obede; u-Obede wazala uJese.

13 UJese wazala izibulo lakhe u-Eliyabi, no-Abinadaba owesibili, noShimeya owesithathu,

14 noNethaneli owesine, noRadayi owesihlanu,

15 no-Osemi owesithupha, noDavide owesikhombisa;

16 odadewabo: ngoSeruya no-Abigayili. Amadodana kaSeruya: ngo-Abishayi, noJowabe, no-Asaheli, emathathu.

17 U-Abigayili wazala u-Amasa; uyise ka-Amasa wayenguJetheri umIshmayeli.

18 UKalebi indodana kaHesironi wazala ku-Azuba umkakhe nakuJeriyoti; amadodana akhe: ngoJesheri, noShobabi, no-Aridoni.

19 Wafa u-Azuba; uKalebi wathatha u-Efrati, owamzalela uHure.

20 UHure wazala u-Uri; u-Uri wazala uBesaleli.

21 Ngasemuva uHesironi wangena kuyo indodakazi kaMakiri uyise kaGileyadi; wamthatha eseneminyaka engamashumi ayisithupha; wamzalela uSegubi.

22 USegubi wazala uJayire, owayenemizi engamashumi amabili nantathu ezweni lakwaGileyadi.

23 OGeshuri no-Aramu babaphuca imizi kaJayirem, kanye neKhenati nemizi yalo, imizi engamashumi ayisithupha. Bonke labo babe ngamadodana kaMakiri uyise kaGileyadi.

24 Emva kokuba esefile uHesironi eKalebi Efratha, u-Abiya, umkaHesironi, wamzalela u-Ashuri uyise kaThekhowa.

25 Amadodana kaJerameli, izibulo likaHesironi, ayenguRamu izibulo, noBuna, no-Oreni, no-Osemi, no-Ahiya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26UJerameli wayenomunye umfazi ogama lakhe lalingu-Athara; wayengunina ka-Onamu.

27Amadodana kaRamu, izibulo likaJerameli, ayengoMahasi, noJamini, no-Ekheri.

28Amadodana ka-Onamu ayengoShamayi noJada; amadodana kaShamayi: ngoNadabi no-Abishuri.

29Igama lomka-Abishuri lalingu-Abihayili; wamzalela o-Ahibani noMolidi.

30Amadodana kaNadabi: ngoSeledi no-Aphayimi; kepha uSeledi wafa engenabantwana.

31Amadodana ka-Aphayimi: ngu-Ishi; amadodana ka-Ishi: nguSheshani; amadodana kaSheshani: ngu-Ahilayi.

32Amadodana kaJada umfowabo kaShamayi: ngoJetheri noJonathani; uJetheri wafa engenabantwana.

33Amadodana kaJonathani: ngoPheleti noZaza. Labo babe ngamadodana kaJerameli.

34Kepha uSheshani wayengenamadodana, enamadodakazi odwa. USheshani wayenenceku, eyaseGibithe, egama layo lalinguJariha.

35USheshani wanika uJariha inceku yakhe indodakazi yakhe ibe ngumkakhe; wamzalela u-Athayi.

36U-Athayi wazala uNathani; uNathani wazala uZabadi;

37uZabadi wazala u-Efilali; u-Efilali wazala u-Obede;

38u-Obede wazala uJehu; uJehu wazala u-Azariya;

39u-Azariya wazala uHelesi; uHelesi wazala u-Eleyasa;

40u-Eleyasa wazala uSisamayi; uSisamayi wazala uShalumi;

41uShalumi wazala uJekamiya; uJekamiya wazala u-Elishama.

42Amadodana kaKalebi umfowabo kaJerameli: nguMesha izibulo lakhe, owayenguyise kaZifi, namadodana kaMaresha, uyise kaHebroni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

43Amadodana kaHebroni: ngoKora, noTaphuwa, noRekemi, noShema.

44UShema wazala uRahamu uyise kaJorikeyamu; uRekemi wazala uShamayi.

45Indodana kaShamayi: nguMahoni; uMahoni wayenguyise kaBeti Suri.

46U-Efa, isancinza sikaKalebi, wazala oHarana, noMosa, noGazezi; uHarana wazala uGazezi.

47Amadodana kaJadayi: ngoRegemi, noJothamu, noGeshani, noPheleti, no-Efa, noShahafi.

48UMahakha, isancinza sikaKalebi, wazala oSheberi noThirihana.

49 Wazala noShahafi uyise kaMadimana, noSheva uyise kaMakibena, noyise kaGibeya; indodakazi kaKalebi yayingu-Akisa.

50Laba babe ngamadodana kaKalebi: amadodana kaHure izibulo lika-Efratha: nguShobali uyise kaKiriyati Jeharimi,

51noSalima uyise kaBetlehema, noHarefi uyise kaBeti Gaderi.

52 NoShobali uyise kaKiriyati Jeharimi wayenamadodana: nguHarowe nenxenye kaMenuhoti.

53Imindeni kaKiriyati Jeharimi yayingamaJetheri, namaPhuthi, namaShumati, namaMishirayiti; kubona kwavela amaSorati nama-Eshitawoli.

54Amadodana kaSalima: nguBetlehema, namaNethofa, no-Atharoti BetiJowabe, nenxenye yamaManahati, amaSori.

55 Imindeni yababhali ababehlala eJabesi: ngamaThirati, namaShimeyati, namaSukati. Labo babe ngamaKheni avela kuHamati uyise wendlu kaRekabi.

## 1 iziKronike 3

### Abantwana bakaDavide: amakhosi akwaJuda; amadodana kaJekoniya

1 Laba babe ngamadodana kaDavide azalelwa wona eHebroni: izibulo ngu-Amnoni ku-Ahinohama umHizreyelikazi; owesibili nguDaniyeli ku-Abigayili umKarmelikazi;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

2owesithathu ngu-Abisalomu indodana kaMahakha indodakazi kaTalimayi inkosi yaseGeshuri; owesine ngu-Adoniya indodana kaHagiti;

3owesihlanu nguShefathiya ku-Abithali; owesithupha ngu-Itereyamu ku-Egila umkakhe.

4 Wazalelwa ayisithupha eHebroni; wabusa khona iminyaka eyisikhombisa nezinyanga eziyisithupha; eJerusalema wabusa iminyaka engamashumi amathathu nantathu.

5 Yilaba azalelwa bona eJerusalema: ngoShimeya, noShobabi, noNathani, noSolomoni, bebane, kuBati Shuwa indodakazi ka-Amiyeli,

6noJibari, no-Elishama, no-Elifeleti,

7noNoga, noNefegi, noJafiya,

8no-Elishama, no-Eliyada, no-Elifeleti, beyisishiyagalolunye.

9 Bonke labo babe ngamadodana kaDavide ngaphandle kwamadodana ezancinza; uTamari wayengudadewabo.

10 Indodana kaSolomoni yayinguRehobowamu; ngu-Abiya indodana yakhe; ngu-Asa indodana yakhe; nguJehoshafati indodana yakhe;

11 nguJoramu indodana yakhe; ngu-Ahaziya indodana yakhe; nguJowashi indodana yakhe;

12ngu-Amasiya indodana yakhe; ngu-Azariya indodana yakhe; nguJothamu indodana yakhe;

13 ngu-Ahazi indodana yakhe; nguHezekiya indodana yakhe; nguManase indodana yakhe;

14 ngu-Amoni indodana yakhe; nguJosiya indodana yakhe.

15 Amadodana kaJosiya: izibulo nguJohanani; owesibili nguJehoyakimi; owesithathu nguSedekiya; owesine nguShalumi.

16Amadodana kaJehoyakimi: nguJekoniya indodana yakhe noSedekiya indodana yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

17Amadodana kaJekoniya umthunjwa: ngoSheyalitiyeli indodana yakhe,

18noMalikiramu, noPhedaya, noShenasari, noJekamiya, noHoshama,
noNedabiya.

19Amadodana kaPhedaya: ngoZerubabele noShimeyi; amadodana
kaZerubabele: ngoMeshulamu noHananiya uShelomiti wayengudadewabo

20noHashuba, no-Oheli, noBerekiya, noHasadiya, noJushabi Hesedi,
beyisihlanu.

21Amadodana kaHananiya: ngoPhelathiya, noJeshaya, namadodana kaRefaya,
namadodana ka-Arinani, namadodana ka-Obadiya, namadodana
kaShekaniya.

22Amadodana kaShekaniya: nguShemaya; amadodana kaShemaya:
ngoHathushi, no-Igali, noBariya, noNehariya, noShafati, beyisithupha.

23Amadodana kaNehariya: ngo-Eliyohenayi, noHezekiya, no-Azirikamu,
bebathathu.

24Amadodana ka-Eliyohenayi: ngoHodaviya, no-Eliyashibi, noPhelaya, no-
Akubi, noJohanani, noDelaya, no-Anani, beyisikhombisa.

## 1 iziKronike 4

### Izizukulwane zikaJuda noSimeyoni

1 Amadodana kaJuda: ngoPheresi, noHesironi, noKarmi, noHure, noShobali.

2 URewaya indodana kaShobali wazala uJahati; uJahati wazala o-Ahumayi
noLahadi. Leyo yayiyimindeni yamaSorati.

3Yilaba abangabakayise ka-Etamu: oJizreyeli, no-Ishima, no-Idibashi, igama
likadadewabo lalinguHaseleliponi

4 noPhenuweli, uyise kaGedori, no-Ezeri, uyise kaHusha. Yilabo ababe
ngamadodana kaHure izibulo lika-Efratha, uyise kaBetlehema.

5 U-Ashuri uyise kaThekhowa wayenabafazi ababili, oHela noNahara.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6UNahara wamzalela o-Ahuzamu, noHeferi, noThemeni, noHawahashitari. Yilabo ababe ngamadodana kaNahara.

7Amadodana kaHela: ngoSereti, noJisihari, no-Ethinani.

8UKhosi wazala o-Anubi, noSobeba, nemindeni ka-Ahariheli indodana kaHarumu.

9UJabesi wayetuseka kunabafowabo; unina wamqamba igama lokuthi uJabesi, ethi: Ngokuba ngamzala ngibuhlungu.

10UJabesi wabiza uNkulunkulu ka-Israyeli, wathi: Sengathi ungangibusisa nokungibusisa, wandise umkhawulo wami, isandla sakho sibe nami, ungivikele ebubini, ngingehlelwa ngubuhlungu. UNkulunkulu wamnika akucelayo.

11UKelubi umfowabo kaShuba wazala uMehiri owayenguyise ka-Eshitoni.

12U-Eshitoni wazala uBeti Rafa, noPhaseya, noThehina uyise ka-Iri Nahashi. Yilabo ababe ngamadodana kaRekha.

13 Amadodana kaKenazi: ngo-Otheniyeli noSeraya; amadodana ka-Otheniyeli: nguHathati.

14 UMehonothayi wazala u-Ofira; uSeraya wazala uJowabe uyise wesigodi sabakhandi, ngokuba babe ngabakhandi.

15 Amadodana kaKalebi indodana kaJefune: ngo-Iru, no-Ela, noNahamu, namadodana ka-Ela, noKenazi.

16Amadodana kaJehaleli: ngoZifi, noZifa, noThiriya, no-Asareli.

17Amadodana ka-Ezra: ngoJetheri, noMeredi, no-Eferi, noJaloni; wazala oMiriyamu, noShamayi, no-Ishiba uyise ka-Eshitemowa.

18Umkakhe umJudakazi wazala uJeredi uyise kaGedori, noHebere uyise kaSoko, noJekuthiyeli uyise kaZanowa. Kepha abanye babe ngamadodana kaBithiya indodakazi kaFaro eyathathwa nguMeredi.

19Amadodana omkaHodiya udadewabo kaNahamu ayenguyise kaKeyila umGarimi no-Eshitemowa umMahakha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[20]Amadodana kaShimoni: ngo-Amnoni, noRina, noBeni Hanani, noThiloni. Amadodana ka-Ishi: ngoZoheti noBeni Zoheti.

[21] Amadodana kaShela indodana kaJuda: ngu-Eri, uyise kaLekha, noLahada uyise kaMaresha, nemindeni yendlu yabaluka ilineni elicolekileyo bendlu ka-Ashibeya,

[22]noJokimi, nabantu baseKhozeba, noJowashi, noSarafi ababebusa kwaMowabi, noJashubi Lehemi. Ngezasendulo kodwa lezi zindaba.

[23]Labo babe ngababumbi nabakhileyo eNethayimi naseGedera; bahlala khona nenkosi ngomsebenzi wayo.

[24] Amadodana kaSimeyoni: ngoNemuweli, noJamini, noJaribi, noZera, noShawule,

[25]noShalumi indodana yakhe, noMibisamu indodana yakhe, noMishima indodana yakhe.

[26]Amadodana kaMishima: ngoHamuweli indodana yakhe, noZakuri indodana yakhe, noShimeyi indodana yakhe.

[27]UShimeyi wayenamadodana ayishumi nesithupha namadodakazi ayisithupha; kepha abafowabo babengenabantwana abaningi, nomndeni wabo awandanga njengabantwana bakwaJuda.

[28] Bahlala eBeri Sheba, naseMolada, naseHasari Shuwali,

[29]naseBiliha, nase-Esemi, naseTholadi,

[30]naseBetuweli, naseHorma, naseSikilagi,

[31]naseBeti Marikaboti, naseHasari Susimi, naseBeti Biri, naseShaharayimi. Yileyo eyayiyimizi yabo kwaze kwabusa uDavide.

[32]Imizana yabo yayiyi-Etamu, ne-Ayini, neRimoni, neThokheni, ne-Ashani, imizi eyisihlanu,

[33]kanye nayo yonke imizana eyayiyizungeza le mizi kwaze kwaba seBali. Lezo zaziyizindawo zabo, bebhalwe ngezizukulwane zabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34Futhi oMeshobabi, noJamileki, noJosha indodana ka-Amasiya,

35noJoweli, noJehu kaJoshibiya kaSeraya ka-Asiyeli,

36no-Eliyohenayi, noJahakhoba, noJeshohaya, no-Asaya, no-Adiyeli, noJesimiyeli, noBenaya,

37noZiza kaShifi ka-Aloni kaJedaya kaShimri kaShemaya.

38Labo ababizwe ngamagama babeyizikhulu emindenini yabo; izindlu zawoyise zanda kakhulu.

39Baya ngasekungeneni eGedori ngasohlangothini lwasempumalanga kwesigodi ukufunela izimvu zabo idlelo.

40Bafumana idlelo elivundileyo nelihle; izwe lalibanzi nxazombili, lizolile, linokuthula, ngokuba ababehlala khona kuqala babe ngabakwaHamu.

41Labo abalotshwe ngamagama bafika ezinsukwini zikaHezekiya inkosi yakwaJuda, bachitha amatende abo namaMehuni afunyanwa khona, bawaqothula kuze kube namuhla, bahlala esikhundleni sabo, ngokuba kwakukhona idlelo lezimvu zabo lapho.

42Abanye babo, amadodana kaSimeyoni, abantu abangamakhulu ayisihlanu, baya entabeni yaseSeyiri benezinduna zabo oPhelathiya, noNehariya, noRefaya, no-Uziyeli, amadodana ka-Ishi.

43Bachitha insali yama-Amaleki ephunyukileyo, bahlala khona kuze kube namuhla.

## 1 iziKronike 5

### Isizwe sakwaRubeni nesakwaGadi nenxenye yakwaManase

1 Amadodana kaRubeni, izibulo lika-Israyeli ngokuba wayeyizibulo; kepha njengokuba wangcolisa umbhede kayise, ubuzibulo bakhe banikwa amadodana kaJosefa indodana ka-Israyeli, futhi akabhalwa ngezizukulwane njengezibulo.

2 Noma uJuda ebenamandla kunabafowabo, kwavela kuye umbusi, ubuzibulo nokho babungobukaJosefa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Amadodana-ke kaRubeni, izibulo lika-Israyeli: ngoHanoki, noPhalu, noHesironi, noKarmi.

4 Amadodana kaJoweli: nguShemaya indodana yakhe, noGogi indodana yakhe, noShimeyi indodana yakhe,

5 noMika indodana yakhe, noRewaya indodana yakhe, noBali indodana yakhe,

6 noBera indodana yakhe, owathunjwa nguThiligati Phileneseri inkosi yase-Asiriya; wayeyisikhulu sabakwaRubeni.

7 Nabafowabo ngemindeni yabo, bebhalwe ngezizukulwane zabo: ngoJehiyeli inhloko noZakariya,

8 noBela ka-Azazi kaShema kaJoweli, owahlala e-Aroweri kwaze kwaba seNebo noBali Mehoni.

9 Ngasempumalanga wakha kwaze kwaba sekuqaleni kwehlane elisuka emfuleni u-Ewufrathe, ngokuba izinkomo zabo zanda ezweni lakwaGileyadi.

10 Emihleni kaSawule baphaka impi kumaHagiri, awa ngesandla sabo; bahlala ematendeni abo ngasempumalanga yonke yakwaGileyadi.

11 Amadodana kaGadi ahlala malungana nabo ezweni laseBashani kwaze kwaba seSaleka:

12 ngoJoweli inhloko, noShafamu owesibili, noJahanayi, noShafati eBashani;

13 nabafowabo ngezindlu zawoyise: ngoMikayeli, noMeshulamu, noSheba, noJorayi, noJakani, noZiya, no-Ebere, beyisikhombisa.

14 Labo babe ngamadodana ka-Abihayili kaHuri kaJarowa kaGileyadi kaMikayeli kaJeshishayi kaJahido kaBuzi;

15 u-Ahi ka-Abidiyeli kaGuni wayeyinhloko yezindlu zawoyise.

16 Bahlala kwaGileyadi eBashani nasemizini yalo nasemadlelweni onke aseSharoni kwaze kwaba semikhawulweni yawo.

17 Bonke labo babhalwa ngezizukulwane zabo emihleni kaJothamu inkosi yakwaJuda nasemihleni kaJerobowamu inkosi yakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Amadodana kaRubeni, nabakwaGadi, nenxenye yesizwe sakwaManase, amadoda anamandla, amadoda aphatha ihawu nenkemba, ansala umnsalo, ayefunde ukulwa, ayeyizinkulungwane ezingamashumi amane nane namakhulu ayisikhombisa namashumi ayisithupha aphuma impi.

19 Aphaka impi kumaHagiri, noJeturu, noNafishi, noNodabi.

20 Asizwa ekulweni nabo, amaHagiri anikelwa ezandleni zawo nabo bonke ababe nawo, ngokuba akhala kuNkulunkulu empini, amncenga, ngokuba ayemethemba.

21 Asusa izinkomo zabo, namakamela ayizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu, nezimvu eziyizinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi ayisihlanu, nezimbongolo eziyizinkulungwane ezimbili, nabantu abayizinkulungwane eziyikhulu.

22 Ngokuba kwawa abaningi befile, lokhu impi yayingekaNkulunkulu. Ahlala esikhundleni sabo aze athunjwa.

23 Abantwana benxenye yesizwe sakwaManase bahlala kulelo zwe, kusukela eBashani kuze kube seBali Hermoni naseSeniri nasentabeni yaseHermoni.

24 Nazi izinhloko zezindlu zawoyise: o-Eferi, no-Ishi, no-Eliyeli, no-Aziriyeli, noJeremiya, noHodaviya, noJahidiyeli, amaqhawe anamandla, amadoda anegama, izinhloko zezindlu zawoyise.

25 Kepha baphambuka kuNkulunkulu wawoyise, balandela ngokuphinga onkulunkulu babantu balelo zwe, uNkulunkulu abachithayo phambi kwabo.

26 UNkulunkulu ka-Israyeli wavusa umoya kaPhuli inkosi yase-Asiriya nomoya kaThiligati Philineseri inkosi yase-Asiriya, wabathumba: abakwaRubeni, nabakwaGadi, nenxenye yesizwe sakwaManase, wabayisa eHala, naseHabori, naseHara, nasemfuleni iGozani kuze kube namuhla.

## 1 iziKronike 6

### Isizwe sakwaLevi nemizi yaso

1 Amadodana kaLevi: ngoGereshoni, noKohati, noMerari.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[2]Amadodana kaKohati: ngo-Amramu, noJisihari, noHebroni, no-Uziyeli.

[3] Abantwana bakwa-Amramu: ngo-Aroni, noMose, noMiriyamu. Amadodana ka-Aroni: ngoNadabi, no-Abihu, no-Eleyazare, no-Itamari.

[4]U-Eleyazare wazala uFinehasi; uFinehasi wazala u-Abishuwa;

[5]u-Abishuwa wazala uBuki; uBuki wazala u-Uzi;

[6]u-Uzi wazala uZeraya; uZeraya wazala uMerayoti;

[7]uMerayoti wazala u-Amariya; u-Amariya wazala u-Ahithubi;

[8] u-Ahithubi wazala uSadoki; uSadoki wazala u-Ahimahasi;

[9]u-Ahimahasi wazala u-Azariya; u-Azariya wazala uJohanani;

[10]uJohanani wazala u-Azariya; nguye owayengumpristi ethempelini elakhiwa nguSolomoni eJerusalema;

[11]u-Azariya wazala u-Amariya; u-Amariya wazala u-Ahithubi;

[12]u-Ahithubi wazala uSadoki; uSadoki wazala uShalumi;

[13] uShalumi wazala uHilikiya; uHilikiya wazala u-Azariya;

[14]u-Azariya wazala uSeraya; uSeraya wazala uJehosadaki;

[15] kepha uJehosadaki wamuka lapho uJehova ethumba uJuda neJerusalema ngesandla sikaNebukadinesari.

[16] Amadodana kaLevi: ngoGereshomu, noKohati, noMerari.

[17]Nanka amagama amadodana kaGereshomu: oLibini noShimeyi.

[18]Amadodana kaKohati: ngo-Amramu, noJisihari, noHebroni, no-Uziyeli.

[19]Amadodana kaMerari: ngoMaheli noMushi. Nansi imindeni yamaLevi njengezindlu zawoyise:

[20]abakwaGereshomu: nguLibini indodana yakhe, noJahati indodana yakhe, noZima indodana yakhe,

[21]noJowa indodana yakhe, no-Ido indodana yakhe, noZera indodana yakhe, noJewatherayi indodana yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Amadodana kaKohati: ngu-Amindaba indodana yakhe, noKora indodana
yakhe, no-Asiri indodana yakhe,

23no-Elkana indodana yakhe, no-Ebiyasafa indodana yakhe, no-Asiri indodana
yakhe,

24noTathi indodana yakhe, no-Uriyeli indodana yakhe, no-Uziya indodana
yakhe, noShawule indodana yakhe.

25Amadodana ka-Elkana: ngo-Amasayi no-Ahimoti.

26U-Elkana-ke, amadodana ka-Elkana: nguSofayi indodana yakhe, noNahati
indodana yakhe,

27 no-Eliyabe indodana yakhe, noJerohamu indodana yakhe, no-Elkana
indodana yakhe.

28 Amadodana kaSamuweli: izibulo nguJoweli, nowesibili ngu-Abiya.

29Amadodana kaMerari: ngoMaheli, noLibini indodana yakhe, noShimeyi
indodana yakhe, no-Uza indodana yakhe,

30noShimeya indodana yakhe, noHagiya indodana yakhe, no-Asaya indodana
yakhe.

31Nampa uDavide abamisela ukuhola ukuhlabelela endlini kaJehova,
umphongolo usubekiwe khona.

32Bakhonza ngokuhlabelela phambi kwetabernakele letende lokuhlangana,
uSolomoni waze wakha indlu kaJehova eJerusalema. Bema emsebenzini
wabo njengomthetho wabo.

33Yilaba ababemi namadodana abo: kumadodana amaKohati: nguHemani,
umhlabeleli, kaJoweli kaSamuweli

34ka-Elkana kaJerohamu ka-Eliyeli kaThowa

35kaSufi ka-Elkana kaMahati ka-Amasayi

36ka-Elkana kaJoweli ka-Azariya kaZefaniya

37kaThati ka-Asiri ka-Ebiyasafa kaKora

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

38kaJisihari kaKohati kaLevi ka-Israyeli;

39futhi umfowabo u-Asafa owayemi ngakwesokunene sakhe, u-Asafa
kaBerekiya kaShimeya

40kaMikayeli kaBahaseya kaNalikhiya

41ka-Ethini kaZera ka-Adaya

42ka-Ethani kaZima kaShimeyi

43kaJahati kaGereshomu kaLevi.

44Amadodana kaMerari abafowabo ayengakwesokunene: ngu-Ethani kaKishi
ka-Abidi kaMaluki

45kaHashabiya ka-Amasiya kaHilikiya

46ka-Amisi kaBani kaShemeri

47kaMaheli kaMushi kaMerari kaLevi.

48Abafowabo amaLevi banikelelwa yonke inkonzo yetabernakele lendlu
kaNkulunkulu.

49 Kepha u-Aroni namadodana akhe bashiya iminikelo e-altare leminikelo
yokushiswa nase-altare lempepho, benza nawo wonke umsebenzi wendawo
engcwelengcwele, benzela u-Israyeli ukubuyisana njengakho konke ayale
ngakho uMose inceku kaNkulunkulu.

50Nanka amadodana ka-Aroni: u-Eleyazare indodana yakhe, noFinehasi
indodana yakhe, no-Abishuwa indodana yakhe,

51noBuki indodana yakhe, no-Uzi indodana yakhe, noZeraya indodana yakhe,

52noMerayoti indodana yakhe, no-Amariya indodana yakhe, no-Ahithubi
indodana yakhe,

53noSadoki indodana yakhe, no-Ahimahasi indodana yakhe.

54 Lezi ziyizindawo zawo zokuhlala njengamakamu awo emikhawulweni
yawo: amadodana ka-Aroni emindeni yamaKohati ngokuba yiwona adliwa
yinkatho yokuqala

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

55wona bawanika iHebroni ezweni lakwaJuda namadlelo alizungezayo.

56Kodwa amasimu omuzi nemizana yawo bakunika uKalebi, indodana kaJefune.

57 Banika amadodana ka-Aroni imizi yokuphephela, iHebroni neLibina namadlelo awo, neJatiri, ne-Eshitemowa namadlelo awo,

58neHileni namadlelo alo, neDebiri namadlelo alo,

59ne-Ashani namadlelo alo, neBetiShemeshi namadlelo alo,

60nasesizweni sakwaBenjamini, iGeba namadlelo alo, ne-Alemeti namadlelo alo, ne-Anathoti namadlelo alo. Yonke imizi yawo ngemindeni yawo yayiyimizi eyishumi nantathu.

61Amadodana aseleyo kaKohati anikwa ngenkatho emndenini wesizwe, enxenyeni yesizwe, inxenye kaManase, imizi eyishumi,

62namadodana kaGereshomu ngemindeni yawo esizweni sakwa-Isakare, nasesizweni sakwa-Asheri, nasesizweni sakwaNafetali, nasesizweni sakwaManase, eBashani, imizi eyishumi nantathu,

63namadodana kaMerari ngenkatho ngemindeni yawo esizweni sakwaRubeni, nasesizweni sakwaGadi, nasesizweni sakwaZebuloni imizi eyishumi nambili.

64Abantwana bakwa-Israyeli banika amaLevi leyo mizi namadlelo ayo.

65Banika ngenkatho leyo mizi ebizwe ngamagama esizweni sabantwana bakwaJuda, nasesizweni sabantwana bakwaSimeyoni, nasesizweni sabantwana bakwaBenjamini.

66 Eminye imindeni yamadodana kaKohati yayinemizi yemikhawulo yayo esizweni sakwa-Efrayimi.

67Bayinika imizi yokuphephela: iShekemi ezintabeni zakwa-Efrayimi namadlelo alo, neGezeri namadlelo alo,

68neJokimeyamu namadlelo alo, neBeti Horoni namadlelo alo,

69ne-Ajaloni namadlelo alo, neGati Rimoni namadlelo alo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

70nasenxenyeni yesizwe sakwaManase i-Anere namadlelo alo, neBileyamu
namadlelo alo, ibe ngeyomndeni oseleyo wamadodana kaKohati.

71 Amadodana kaGereshomu anikwa emndenini wenxenye yesizwe
sakwaManase iGolanu, eBashani, namadlelo alo ne-Ashitaroti namadlelo alo;

72nasesizweni sakwa-Isakare iKedeshi namadlelo alo, neDaberati namadlelo
alo,

73neRamoti namadlelo alo, ne-Anemi namadlelo alo;

74nasesizweni sakwa-Asheri iMashali namadlelo alo, ne-Abidoni namadlelo
alo,

75neHukoki namadlelo alo, neRehobe namadlelo alo;

76nasesizweni sakwaNafetali iKedeshi eGalile namadlelo alo, neHamoni
namadlelo alo, neKiriyatayimi namadlelo alo.

77 Aseleyo, amadodana kaMerari, anikwa esizweni sakwaZebuloni iRimono
namadlelo alo neGhabori namadlelo alo,

78naphesheya kweJordani ngaseJeriko ngasempumalanga kwaseJordani
esizweni sakwaRubeni iBeseri ehlane namadlelo alo, neJahasa namadlelo alo,

79neKedemoti namadlelo alo, neMefahati namadlelo alo;

80nasesizweni sakwaGadi iRamoti kwaGileyadi namadlelo alo, neMahanayimi
namadlelo alo,

81neHeshiboni namadlelo alo, neJazeri namadlelo alo.

## 1 iziKronike 7

### Isizwe sakwa-Isakare, nesakwaBenjamini, nesakwaNafetali, nesakwaManase, nesakwa-Efrayimi, nesakwa-Asheri

1 Amadodana ka-Isakare: ngoThola, noPhuwa, noJashubi, noShimroni,
bebane.

2Amadodana kaThola: ngo-Uzi, noRefaya, noJeriyeli, noJahemayi, no-
Ibisamu, noShemuweli, izinhloko zezindlu zawoyise, abakwaThola,
amaqhawe anamandla ngezizukulwane zawo; umumo wawo ngezinsuku

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

zikaDavide wawuyizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili namakhulu ayisithupha.

3Amadodana ka-Uzi: nguJizirahiya; amadodana kaJizirahiya: ngoMikayeli, no-Obadiya, noJoweli, noJishiya, beyisihlanu, beyizinhloko bonke.

4Kanye nawo kwakukhona ngezizukulwane zawo ngezindlu zawoyise amaviyo empi yokulwa, abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu nesithupha, ngokuba babe nabafazi abaningi namadodana amaningi.

5Abafowabo kuyo yonke imindeni ka-Isakare, amaqhawe anamandla, babe yizinkulungwane ezingamashumi ayisishiyagalombili nesikhombisa, bebhalwe bonke ngezizukulwane zabo.

6 Amadodana kaBenjamini: ngoBela, noBekeri, noJediyayeli, bebathathu.

7Amadodana kaBela: ngo-Esiboni, no-Uzi, no-Uziyeli, noJerimoti, no-Iri, beyisihlanu, izinhloko zezindlu zawoyise, amaqhawe anamandla, beyizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili namashumi amathathu nane, bebhalwe ngezizukulwane zabo.

8Amadodana kaBekeri: ngoZemira, noJowashi, no-Eliyezeri, no-Eliyohenayi, no-Omri, noJeremoti, no-Abiya, no-Anathoti, no-Alemeti. Bonke labo babe ngamadodana kaBekeri.

9Babhalwa ngezizukulwane zabo, beyizinhloko zezindlu zawoyise, amaqhawe anamandla, beyizinkulungwane ezingamashumi amabili namakhulu amabili.

10Amadodana kaJediyayeli: nguBilihani; amadodana kaBilihani: ngoJewushe, noBenjamini, no-Ehudi, noKhenahana, noZethani, noTharishishi, no-Ahishahari.

11Bonke labo babe ngamadodana kaJediyayeli ngezinhloko zezindlu zawoyise, amaqhawe anamandla, beyizinkulungwane eziyishumi nesikhombisa namakhulu amabili abangaphuma impi ukuyokulwa.

12 OShuphimi noHuphimi babe ngamadodana ka-Iri; uHushimi wayeyindodana ka-Aheri.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Amadodana kaNafetali: ngoJasiyeli, noGuni, noJeseri, noShalumi, amadodana kaBiliha.

14 Amadodana kaManase: ngu-Asiriyeli owamzalelayo umkakhe; isancinza sakhe umAramukazi sazala uMakiri uyise kaGileyadi.

15 UMakiri wathathela oHuphimi noShuphimi abafazi; igama likadadewabo lalinguMahakha. Igama lowesibili lalinguSelofehadi; uSelofehadi wayenamadodakazi.

16 UMahakha umkaMakiri wazala indodana, waqamba igama layo ngokuthi uPhereshi; igama lomfowabo lalinguShereshi; amadodana akhe ayengo-Ulamu noRakemi.

17 Amadodana ka-Ulamu: nguBedani. Labo babe ngamadodana kaGileyadi kaMakiri kaManase.

18 Udadewabo uHamoleketi wazala o-Ishihodi, no-Abiyezeri, noMahela.

19 Amadodana kaShemida ayengo-Ahiyani, noShekemi, noLikihi, no-Aniyamu.

20 Amadodana ka-Efrayimi: ngoShuthela, noBeredi indodana yakhe, noTahati indodana yakhe, no-Eleyada indodana yakhe, noTahati indodana yakhe,

21 noZabadi indodana yakhe, noShuthela indodana yakhe, no-Ezeri no-Eleyadi ababulawa ngabantu baseGati ababezelwe kulelo zwe, ngokuba behla ukuthatha izinkomo zabo.

22 U-Efrayimi uyise walila izinsuku eziningi; abafowabo beza ukumduduza.

23 Wangena kumkakhe; wamitha, wazala indodana, waqamba igama layo ngokuthi uBeriya, ngokuba indlu yakhe yayisengozini.

24 Indodakazi yakhe yayinguSheyera owakha iBeti Horoni laseNzansi nelaseNhla, ne-Uzeni Sheyera.

25 URefa wayeyindodana yakhe, noReshefi, noThela indodana yakhe, noThahani indodana yakhe,

26 noLadani indodana yakhe, no-Amihudi indodana yakhe, no-Elishama indodana yakhe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27 noNuni indodana yakhe, noJoshuwa indodana yakhe.

28Ifa labo nezindawo zabo zokuhlala kwakuyiBethele nemizana yalo,
nangasempumalanga iNaharani, nangasentshonalanga iGezeri nemizana yalo,
neShekemi nemizana yalo, kwaze kwaba se-Aya nemizana yalo;

29 nangasemikhawulweni yabantwana bakwaManase iBeti Sheyani nemizana
yalo, neThahanaki nemizana yalo, neMegido nemizana yalo, neDori
nemizana yalo. Kuleyo kwahlala abantwana bakaJosefa indodana ka-Israyeli.

30 Amadodana ka-Asheri: ngoJimna, no-Ishiva, no-Ishivi, noBeriya, kanye
noSera udadewabo.

31Amadodana kaBeriya: ngoHebere noMalikiyeli owayenguyise kaBirizayiti.

32UHebere wazala oJafeleti, noShomeri, noHothamu, noShuwa udadewabo.

33Amadodana kaJafeleti: ngoPhasaki, noBimihali, no-Ashivati. Labo babe
ngabantwana bakaJafeleti.

34Amadodana kaShemeri: ngo-Ahi, noRohiga, noJehuba, no-Aramu.

35Amadodana kaHelemi umfowabo: ngoSofa, noJimna, noSheleshi, no-Amali.

36Amadodana kaSofa: ngoShuwa, noHarineferi, noShuhali, noBeri, no-Imra,

37noBeseri, noHodi, noShama, noShilisha, noJitrani, noBeyera.

38Amadodana kaJetheri: ngoJefune, noPhisipha, no-Ara.

39Amadodana ka-Ula: ngo-Ara, noHaniyeli, noRisiya.

40Bonke labo babe ngabantwana baka-Asheri, izinhloko zezindlu zawoyise,
amaqhawe akhethekileyo anamandla, izinhloko zezikhulu. Umumo wabo
ubhalwe ngezizukulwane zabo ukuba balwe empini wawungabantu
abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nesithupha.

## 1 iziKronike 8

### Umndeni kaSawule wesizwe sakwaBenjamini

1 UBenjamini wazala uBela izibulo lakhe, no-Ashibeli owesibili, no-Ahara
owesithathu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2noNoha owesine, noRafa owesihlanu.

3UBela wayenamadodana: ngo-Adari, noGera, no-Abihudi,

4no-Abishuwa, noNahamani, no-Ahowa,

5noGera, noShefufani, noHuramu.

6Nanka amadodana ka-Ehudi, izinhloko zezindlu zawoyise zabakhe eGeba,
ezathunjelwa eManahati,

7zathunjwa ngoNahamani, no-Ahiya, noGera owazala o-Uza no-Ahihudi.

8UShaharayimi wazala abantwana ezweni lakwaMowabi esemukisile
oHushimi noBahara omkakhe.

9Wazala kuHodeshi umkakhe oJobabi, noSibiya, noMesha, noMalikamu,

10noJewuse, noShakiya, noMirima. Labo babe ngamadodana akhe, izinhloko
zezindlu zawoyise.

11Wazala kuHushimi o-Abithubi no-Eliphahali.

12Amadodana ka-Eliphahali: ngo-Ebere, noMishamu, noShemedi, abakha i-
Ono neLodi nemizana yawo,

13noBeriya, noShema, ababe yizinhloko zezindlu zawoyise zabakhe e-Ajaloni,
abaxosha abakhe eGati;

14no-Ahiyo, noShashaki, noJeremoti,

15noZebadiya, no-Aradi, no-Edere,

16noMikayeli, noJishipha, noJoha, amadodana kaBeriya,

17noZebadiya, noMeshulamu, noHiziki, noHebere,

18no-Ishmerayi, noJiziliya, noJobabi, amadodana ka-Eliphahali,

19noJakimi, noZikiri, noZabidi,

20no-Eliyenayi, noSilethayi, no-Eliyeli,

21no-Adaya, noBeraya, noShimrati, amadodana kaShimeyi,

22noJishiphani, no-Ebere, no-Eliyeli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

23no-Abidoni, noZikiri, noHanani,

24noHananiya, no-Elamu, no-Anithothiya,

25no-Ifideya, noPhenuweli, amadodana kaShashaki,

26noShamusherayi, noShehariya, no-Athaliya,

27noJahareshiya, no-Eliya, noZikiri, amadodana kaJerohamu.

28Labo babe yizinhloko zezindlu zawoyise, izinhloko ezizukulwaneni zabo, bahlala eJerusalema.

29 EGibeyoni kwahlala uyise kaGibeyoni ogama lomkakhe lalinguMahakha;

30izibulo lakhe lalingu-Abidoni, kanye noSuri, noKishi, noBali, noNadabi,

31noGedori, no-Ahiyo, noZekeri.

32Kepha uMikiloti wazala uShimeya. Nabo bahlala nabafowabo eJerusalema malungana nabafowabo.

33 UNeri wazala uKishi; uKishi wazala uSawule; uSawule wazala oJonathani, noMaliki Shuwa, no-Abinadaba, no-Eshi Bali.

34 Indodana kaJonathani yayinguMeribi Bali; uMeribi Bali wazala uMika.

35Amadodana kaMika: ngoPhithoni, noMeleki, noThareya, no-Ahazi.

36U-Ahazi wazala uJehohada; uJehohada wazala o-Alemeti, no-Azimaveti, noZimri; uZimri wazala uMosa;

37uMosa wazala uBineya; uRafa wayeyindodana yakhe; ngu-Eleyasa indodana yakhe, ngu-Aseli indodana yakhe;

38u-Aseli wayenamadodana ayisithupha; amagama awo yilawa: o-Azirikamu, noBokeru, no-Ishmayeli, noShehariya, no-Obadiya, noHanani. Bonke labo babe ngamadodana ka-Aseli.

39Amadodana ka-Esheki umfowabo: ngu-Ulamu izibulo lakhe, noJewushe owesibili, no-Elifeleti owesithathu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

40 Amadodana ka-Ulamu ayengamaqhawe anamandla, ansala umnsalo; ayenamadodana amaningi namadodana amadodana amaningi, eyikhulu namashumi ayisihlanu. Labo babe ngamadodana kaBenjamini.

## 1 iziKronike 9

### Abakhileyo eJerusalema; inkonzo yasethempelini

1 Wabhalwa-ke wonke u-Israyeli ngezizukulwane; bheka, balotshiwe encwadini yamakhosi akwa-Israyeli; uJuda wathunjelwa eBabele ngeziphambeko zakhe.

2Abakhileyo kuqala emafeni abo emizini yabo babe ngu-Israyeli, nabapristi, namaLevi, namaNethini.

3 EJerusalema kwahlala kubantwana bakwaJuda, nakubantwana bakwaBenjamini, nakubantwana bakwa-Efrayimi noManase:

4ngu-Uthayi ka-Amihudi ka-Omri ka-Imri kaBani kubantwana bakwaPheresi kaJuda.

5KumaShiloni: ngu-Asaya izibulo namadodana akhe.

6Kumadodana kaZera: nguJehuweli nabafowabo, bengamakhulu ayisithupha namashumi ayisishiyagalolunye.

7Kumadodana kaBenjamini: nguSalu kaMeshulamu kaHodaviya kaHasenuwa,

8no-Ibineya indodana kaJerohamu, no-Ela ka-Uzi kaMikiri, noMeshulamu kaShefathiya kaRehuweli kaJibiniya,

9nabafowabo ngezizukulwane zabo, bengamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisihlanu nesithupha. Bonke labo bantu babe yizinhloko zezindlu zawoyise ngokwezindlu zawoyise.

10 Kubapristi: ngoJedaya, noJehoyaribi, noJakini,

11 no-Azariya kaHilikiya kaMeshulamu kaSadoki kaMerayoti ka-Ahithubi, umphathi wendlu kaNkulunkulu,

12no-Adaya kaJerohamu kaPhashuri kaMalikhiya noMahasayi ka-Adiyeli kaJahizera kaMeshulamu kaMeshilemiti ka-Imeri,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13nabafowabo, izinhloko zezindlu zawoyise, beyinkulungwane namakhulu ayisikhombisa namashumi ayisithupha, amadoda ahlakaniphile emsebenzini wenkonzo yasendlini kaNkulunkulu.

14KumaLevi: nguShemaya kaHashubi ka-Azirikamu kaHashabiya kumadodana kaMerari,

15noBakibakari, noHereshi, noGalali, noMathaniya kaMika kaZikiri ka-Asafa,

16no-Obadiya kaShemaya kaGalali kaJeduthuni, noBerekiya ka-Asa ka-Elkana owahlala emizaneni yamaNethofa,

17nabalindisango oShalumi, no-Akubi, noThalimoni, no-Ahimani, nabafowabo; uShalumi wayeyinhloko.

18Kwaze kwaba kuleso sikhathi babe sesangweni lenkosi ngasempumalanga; babe ngabalindisango bekamu labantwana bakwaLevi.

19UShalumi kaKore ka-Ebiyasafa kaKora, nabafowabo bendlu kayise, amaKorahi, babephethe umsebenzi wenkonzo, bengabalindisango etabernakele; oyise babemele ikamu likaJehova bengabalindisango.

20UFinehasi indodana ka-Eleyazare wayengumbusi phezu kwabo ngesikhathi esidlulileyo. UJehova wayenaye.

21UZakariya indodana kaMeshelemiya wayengumlindisango etendeni lokuhlangana.

22 Bonke labo ababekhethiwe ukuba babe ngabalindisango babe ngamakhulu amabili neshumi nambili. Babhalwa ngezizukulwane emizaneni yabo, bamiswa ngoDavide noSamuweli umboni ezikhundleni zabo.

23Bona nabantwana babo babephethe amasango endlu kaJehova, indlu yetende, belinda.

24Abalindi babekhona ezinhlangothini ezine: ngasempumalanga, nangasentshonalanga, nangasenyakatho, nangaseningizimu.

25Abafowabo emizaneni yabo babeyakungena emva kwezinsuku eziyisikhombisa njalo izikhathi ngezikhathi ukuba babe nabo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

26ngokuba abalindi abane abakhulu ababe ngamaLevi babe sesikhundleni njalo, bephethe amakamelo nengcebo endlini kaNkulunkulu.

27Bahlala ebusuku bezungeza indlu kaNkulunkulu, ngokuba kwakungokwabo ukuyilinda, kwakungokwabo futhi ukuyivula ekuseni imihla ngemihla.

28Abanye babephethe izitsha zenkonzo, ngokuba zangeniswa ngokubalwa, zakhishwa ngokubalwa.

29Abanye kubo babemiselwe impahla, nezitsha zonke zendlu engcwele, nempuphu, newayini, namafutha, nenhlaka, namakha.

30 Abanye bamadodana abapristi bagxoba amakha aba ngamafutha.

31UMatithiya, omunye wamaLevi, owayeyizibulo likaShalumi umKorahi wayenesikhundla sokubheka izinto ezenziwa amakhanzini.

32Abanye abafowabo bamadodana amaKohati babephethe izinkwa zokubukwa ukuba bazilungise onke amasabatha.

33Kepha abanye, abahlabeleli, izinhloko zezindlu zawoyise zamaLevi, babe semakamelweni bekhululekile kokunye, ngokuba babe semsebenzini wabo imini nobusuku.

34Labo babe yizinhloko zezindlu zawoyise bamaLevi, izinhloko ezizukulwaneni zabo, bahlala eJerusalema.

35 EGibeyoni kwahlala uyise kaGibeyoni uJehiyeli ogama lomkakhe lalinguMahakha,

36nendodana yakhe eyizibulo u-Abidoni, kanye noSuri, noKishi, noBali, noNeri, noNadabi,

37noGedori, no-Ahiyo, noZakariya, noMikiloti.

38UMikiloti wazala uShimeyamu. Nabo bahlala nabafowabo eJerusalema malungana nabafowabo.

39 UNeri wazala uKishi; uKishi wazala uSawule; uSawule wazala oJonathani, noMaliki Shuwa, no-Abinadaba, no-Eshi Bali.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

40Indodana kaJonathani yayinguMeribi Bali; uMeribi Bali wazala uMika.

41Amadodana kaMika: ngoPhithoni, noMeleki, noThareya, no-Ahazi.

42U-Ahazi wazala uJara; uJara wazala o-Alemeti, no-Azimaveti, noZimri; uZimri wazala uMosa;

43uMosa wazala uBineya; uRefaya wayeyindodana yakhe; ngu-Eleyasa indodana yakhe, ngu-Aseli indodana yakhe;

44u-Aseli wayenamadodana ayisithupha; amagama awo yilawa: o-Azirikamu, noBokeru, no-Ishmayeli, noShehariya, no-Obadiya, noHanani; labo babe ngamadodana ka-Aseli.

## 1 iziKronike 10

### Ukufa kukaSawule nokwamadodana akhe amathathu ekulweni namaFilisti

1 AmaFilisti alwa no-Israyeli; abantu bakwa-Israyeli babaleka phambi kwamaFilisti, bawa begwaziwe entabeni yaseGilibowa.

2AmaFilisti axosha uSawule namadodana akhe; amaFilisti abulala oJonathani, no-Abinadaba, noMaliki Shuwa, amadodana kaSawule.

3Impi yaba nzima kuSawule; abacibishelayo bamfica; wakhathazeka ngenxa yabacibishelayo.

4USawule wayesethi odibini lwezikhali zakhe: Hosha inkemba yakho, ungigwaze ngayo, funa labo abangasokile bafike, bangone. Kepha aluvumanga udibi lwezikhali zakhe, ngokuba lwesaba kakhulu. Ngalokho uSawule wayithatha inkemba, wawela phezu kwayo.

5Udibi lwezikhali zakhe selubonile ukuthi uSawule ufile, lwawela nalo phezu kwenkemba, lwafa.

6Wafa-ke uSawule namadodana akhe amathathu; nendlu yakhe yonke yafa kanyekanye.

7Lapho bonke abantu bakwa-Israyeli ababe sesigodini bebona ukuthi babaleka nokuthi uSawule namadodana akhe bafile, bashiya imizi yabo, babaleka; amaFilisti afika, ahlala kuyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Kwathi ngangomuso, lapho amaFilisti efika ukuphanga ababuleweyo, afumana uSawule namadodana akhe bewile entabeni yaseGilibowa.

9Amphanga, athatha ikhanda lakhe nezikhali zakhe, akuthuma ezweni lamaFilisti nxazonke ukukumemezela kuzo izithombe zawo nakubantu.

10Azibeka izikhali zakhe endlini yawonkulunkulu bawo, abethela ikhanda lakhe endlini kaDagoni.

11Selizwile iJabeshi Gileyadi konke amaFilisti ayekwenzile kuSawule,

12kwasuka onke amadoda anamandla, asithatha isidumbu sikaSawule nezidumbu zamadodana akhe, aziletha eJabeshi, awembela amathambo abo phansi kwe-oki eJabeshi, azila ukudla izinsuku eziyisikhombisa.

13 Wafa kanjalo-ke uSawule ngesiphambeko sakhe aphambuka ngaso kuJehova ngenxa yezwi likaJehova angaligcinanga nangokuba kade eyile ukubhula konedlozi ukuba abuze kuye,

14engabuzanga kuJehova; ngalokho-ke wambulala, wabuyisela umbuso kuDavide indodana kaJese.

## 1 iziKronike 11

### UDavide uyinkosi kwa-Israyeli wonke; uthatha iJerusalema

1 Wonke u-Israyeli wabuthana kuDavide, wathi: Bheka, thina siyithambo lakho nenyama yakho.

2 Nangesikhathi esidlulileyo uSawule eseyinkosi, nguwe owakhipha nowangenisa u-Israyeli; uJehova uNkulunkulu wakho wathi kuwe: Wena uyakwalusa abantu bami u-Israyeli, wena uyakuba ngumbusi wabantu bami u-Israyeli.

3 Kwase kufika onke amalunga akwa-Israyeli enkosini eHebroni; uDavide wenza isivumelwano nawo eHebroni phambi kukaJehova; amgcoba uDavide ukuba abe yinkosi kwa-Israyeli njengezwi likaJehova ngesandla sikaSamuweli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 UDavide naye wonke u-Israyeli baya eJerusalema eliyiJebusi; amaJebusi ayakhe kulelo zwe ayeselapho.

5 Abakhileyo eJebusi bathi kuDavide: Awuyikungena lapha. UDavide wathatha nokho inqaba yaseSiyoni engumuzi kaDavide.

6 UDavide wathi: Lowo ochitha amaJebusi kuqala uyakuba yinhloko nenduna. Kwenyuka kuqala uJowabe indodana kaSeruya, waba yinhloko.

7 UDavide wahlala enqabeni; ngalokho bayibiza ngokuthi umuzi kaDavide.

8 Wakha umuzi nxazonke kusukela eMilo kuya nxazonke; uJowabe wavusa okuseleyo komuzi.

9 UDavide waqhubeka njalo ngokukhula, ngokuba uJehova Sebawoti wayenaye.

**Amaqhawe kaDavide**

10 Yilaba abayizinhloko zamaqhawe uDavide ayenazo, zibambelela kuye ngamandla ebukhosini bakhe kanye naye wonke u-Israyeli ukumbeka inkosi njengezwi likaJehova ngo-Israyeli.

11 Nanku umumo wamaqhawe uDavide ayenawo: uJashobehamu indodana yomHakimoni, inhloko yamashumi amathathu; waphakamisela abangamakhulu amathathu umkhonto wakhe, wababulala ngasikhathi sinye.

12 Emva kwakhe ngu-Eleyazare indodana kaDodo umAhohi owayengomunye wamaqhawe amathathu.

13 WayenoDavide ePhasi Damimi; amaFilisti abuthana khona ukuyokulwa, lapho kwakukhona isiqephu sezwe esigcwele ibhali; abantu babaleka ebusweni bamaFilisti.

14 Bema phakathi nesiqephu sezwe, basophula, bawabulala amaFilisti; uJehova wabasindisa ngokusindisa okukhulu.

15 Kwehla abathathu kwabayizinhloko ezingamashumi amathathu, baya etsheni kuDavide emhumeni wase-Adulamu; impi yamaFilisti yayimise esiGodini samaRefa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16UDavide wayesesenqabeni, ikhanda lamaFilisti laliseBetlehema.

17UDavide wanxanela, wathi: Hawu, sengathi ngingaphuziswa amanzi
asemthonjeni waseBetlehema owawungasesangweni.

18Labo abathathu bafohla ikamu lamaFilisti, bakha amanzi emthonjeni
waseBetlehema owawungasesangweni, bawathatha, bawaletha kuDavide;
kepha uDavide akavumanga ukuwaphuza, kodwa wawathululela uJehova,
wathi:

19 UNkulunkulu wami makangenqabele ukuba ngenze lokhu; ngiyakuphuza
igazi lalaba bantu ababe sengozini na? Ngokuba bawaletha besengozini;
akavumanga ukuwaphuza. Lezo zinto zenziwa yilawa maqhawe amathathu.

20U-Abishayi umfowabo kaJowabe wayeyinhloko yabathathu, ngokuba
waphakamisela abangamakhulu amathathu umkhonto wakhe, wababulala,
waba negama phakathi kwalaba abathathu.

21Kulaba abathathu wayetusekile kunababili, waba yisikhulu sabo, kepha
akafinyelelanga kwabathathu bokuqala.

22 NoBenaya indodana kaJehoyada, indodana yendoda enamandla, owayenze
imisebenzi emikhulu, owaseKabiseyeli, wabulala amaqhawe amabili
akwaMowabi; futhi wehla, wabulala ingonyama phakathi komgodi ngosuku
lweqhwa.

23Wabulala nowaseGibithe, umuntu omude, eyizingalo eziyisihlanu; esandleni
sowaseGibithe kwakukhona umkhonto onjengogongolo lomaluki; wehlela
kuye ephethe induku nje, wawuhlwitha umkhonto esandleni sowaseGibithe,
wambulala ngomkhonto wakhe.

24Lezo zinto wazenza uBenaya indodana kaJehoyada, waba negama phakathi
kwalawo maqhawe amathathu.

25Bheka, wayetusekile kunabangamashumi amathathu, kepha akafinyelelanga
kwabathathu bokuqala; uDavide wambeka phezu kwabalindi bakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26 Amaqhawe anamandla nanka: u-Asaheli umfowabo kaJowabe, no-
Elihanani indodana kaDodo waseBetlehema,

27 noShamoti waseHarori, noHelesi wasePheloni,

28 no-Ira indodana ka-Ikheshi waseThekhowa, no-Abiyezeri wase-Anathoti,

29 noSibekayi umHushati, no-Ilayi umAhohi,

30 noMaharayi waseNethofa, noHeledi indodana kaBahana waseNethofa,

31 no-Ithayi indodana kaRibayi waseGibeya labantwana bakwaBenjamini,
noBenaya wasePirathoni,

32 noHurayi wangasemifudlaneni yakwaGahashi, no-Abiyeli wase-Araba,

33 no-Azimaveti waseBaharumi, no-Eliyaba waseShahaliboni,

34 namadodana kaHashemi waseGizoni, noJonathani indodana kaShage
waseHarari,

35 no-Ahiyamu indodana kaSakri waseHarari, no-Elifali indodana ka-Uri,

36 noHeferi waseMekeri, no-Ahiya wasePheloni,

37 noHesiro waseKarmeli, noNaharayi indodana ka-Ezibayi,

38 noJoweli umfowabo kaNathani, noMibihari indodana kaHagiri,

39 noSeleki wakwa-Amoni, noNaharayi waseBeroti, udibi lukaJowabe
indodana kaSeruya,

40 no-Ira waseJetheri, noGarebi waseJetheri,

41 no-Uriya umHeti, noZabadi indodana ka-Ahilayi,

42 no-Adina indodana kaShiza wakwaRubeni, inhloko yakwaRubeni,
enabangamashumi amathathu,

43 noHanani indodana kaMahakha, noJeshoshafati umMiteni,

44 no-Uziya wase-Ashitaroti, noShama noJehiyeli amadodana kaHothamu
wase-Aroweri,

45 noJediyayeli indodana kaShimri, noJoha umfowabo umThisi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

46no-Eliyeli umMahavi, noJeribayi noJoshaviya amadodana ka-Elinahama,
no-Itima wakwaMowabi,

47no-Eliyeli, no-Obede, noJahashiyeli umMesoba.

## 1 iziKronike 12

### Amaqhawe kaDavide afika kuye ekuzingelweni kwakhe nguSawule

1 Nampa abafika kuDavide eSikilagi esagogobele ebusweni bukaSawule
indodana kaKishi; babe phakathi kwamaqhawe, abasizi bakhe empini.

2 Babehlomile iminsalo, besebenzisa isandla sokunene nesokhohlo
ekuphonseni amatshe nasekucibisheleni imicibisholo ngomnsalo; ababe
kubafowabo bakaSawule kwaBenjamini kwakuyilaba:

3inhloko u-Ahiyezeri noJowashi amadodana kaShemaha waseGibeya,
noJeziyeli noPheleti amadodana ka-Azimaveti, noBerakha, noJehu wase-
Anathoti,

4no-Ishmaya waseGibeyoni, iqhawe phakathi kwabangamashumi amathathu,
ebaphethe abangamashumi amathathu, noJeremiya, noJahaziyeli,
noJohanani, noJozabadi waseGedera,

5no-Eluzayi, noJerimoti, noBehaliya, noShemariya, noShefathiya umHarufi,

6no-Elkana, noJishiya, no-Azareli, noJohezeri, noJashobehamu, amaKora,

7noJowela noZebadiya, amadodana kaJerohamu waseGedori.

8KwabakwaGadi abanye bazahlukanisa baya kuDavide enqabeni ehlane,
amaqhawe anamandla, abantu abazilungiselele ukulwa, abakwazi ukuphatha
isihlangu nomkhonto, ababuso babo bafana nobuso bezingonyama,
abanejubane njengezinsephe ezintabeni:

9ngu-Ezeri inhloko, no-Obadiya owesibili, no-Eliyabe owesithathu,

10noMishimana owesine, noJeremiya owesihlanu,

11no-Athayi owesithupha, no-Eliyeli owesikhombisa,

12noJohanani owesishiyagalombili, no-Elizabadi owesishiyagalolunye,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13noJeremiya oweshumi, noMakibanayi oweshumi nanye.

14Lawo madodana kaGadi ayeyizinhloko zempi; encinyane kuwo yayilingana nekhulu, yalingana nenkulungwane.

15Yilabo ababewela iJordani ngenyanga yokuqala, ligcwele liphuphuma zonke izingu zalo; baxosha bonke abasezigodini ngasempumalanga nangasentshonalanga.

16Kwafika nabantwana bakwaBenjamini noJuda enqabeni kuDavide.

17UDavide waphuma ukubahlangabeza, wathatha, wathi kubo: Uma nize nokuthula kimi ukungisiza, inhliziyo yami iyakuba nye nani, kepha uma kungukungikhohlisa ezitheni zami, lokhu kungekho okubi ezandleni zami, uNkulunkulu wawobaba makakubheke, akujezise.

18 Kwase kwehla umoya phezu kuka-Amasayi owayeyinhloko yabangamashumi amathathu, wathi: Singabakho thina, Davide, sinawe, wena ndodana kaJese; ukuthula, ukuthula makube nawe, ukuthula makube nabakusizayo, ngokuba uNkulunkulu wakho uyakusiza. Wayesebamukela uDavide, wabenza izinhloko zeviyo.

19Kwafika abanye kwabakwaManase kuDavide, lapho efika namaFilisti ukulwa noSawule, kepha abawasizanga, ngokuba izinduna zamaFilisti sezilulekene zammukisa, zathi: Uyakuhlubukela enkosini yakhe uSawule, amakhanda ethu abe sengozini.

20Ekuyeni kwakhe eSikilagi kwahlubukela kuye kwabakwaManase o-Adina, noJozabadi, noJediyayeli, noMikayeli, noJozabadi, no-Elihu, noSilethayi, izinhloko zezinkulungwane zabakwaManase.

21 Bamsiza uDavide eviyweni, ngokuba babe ngamaqhawe anamandla bonke, beyizinduna zempi.

22Ngokuba imihla ngemihla bafika kuDavide ukumsiza, kwaze kwaba yimpi enkulu njengempi kaNkulunkulu.

**Umumo wabantu abambeka uDavide inkosi eHebroni**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Nazi izibalo zezinhloko zababehlomele ukulwa abeza kuDavide eHebroni ukuba baguqulele umbuso kaSawule kuye njengezwi likaJehova.

24 Abantwana bakwaJuda ababephethe izihlangu nemikhonto babeyizinkulungwane eziyisithupha namakhulu ayisishiyagalombili, behlomele ukulwa.

25 Kubantwana bakwaSimeyoni amaqhawe anamandla okulwa yizinkulungwane eziyisikhombisa nekhulu.

26 Kubantwana bakwaLevi yizinkulungwane ezine namakhulu ayisithupha.

27 UJehoyada wayengumholi wakwa-Aroni, enezinkulungwane ezintathu namakhulu ayisikhombisa,

28 noSadoki insizwa eyiqhawe elinamandla, nasendlini kayise izinduna ezingamashumi amabili nambili.

29 Kubantwana bakwaBenjamini, abafowabo bakaSawule, yizinkulungwane ezintathu, ngokuba kuze kube manje imvama yabo yayithembekile endlini kaSawule.

30 Kubantwana bakwa-Efrayimi yizinkulungwane ezingamashumi amabili namakhulu ayisishiyagalombili, amaqhawe anamandla, abantu abanegama ezindlini zawoyise.

31 Kuyo inxenye yesizwe sakwaManase yizinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili, ezabizwa ngamagama ukuba zize zimbeke uDavide inkosi.

32 Kubantwana bakwa-Isakare ngabazi ukuqonda izikhathi ukuba bazi okufanele ukwenziwa ngu-Israyeli; izinhloko zabo zazingamakhulu amabili; bonke abafowabo balalela izwi labo.

33 KuZebuloni abangaphuma impi, bayihlele impi benezikhali zonke zokulwa, yizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu, bezihlela nganhliziyonye.

34 KuNafetali yizinduna eziyinkulungwane, zinezinkulungwane ezingamashumi amathathu nesikhombisa eziphethe isihlangu nomkhonto.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35KwabakwaDani abangahlela impi yizinkulungwane ezingamashumi amabili nesishiyagalombili namakhulu ayisithupha.

36Ku-Asheri abangaphuma impi, bayihlele impi, yizinkulungwane ezingamashumi amane.

37Ngaphesheya kweJordani kwabakwaGadi nasenxenyeni yesizwe sakwaManase, benezikhali zonke zempi zokulwa, yizinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili.

38Onke lawo madoda empi, angahlela impi, afika eHebroni ngezinhliziyo ezipheleleyo ukubeka uDavide inkosi kwa-Israyeli; nabo bonke abaseleyo bakwa-Israyeli babenhliziyonye ukumbeka uDavide inkosi.

39Babe lapho noDavide izinsuku ezintathu, bedla, bephuza, ngokuba abafowabo babebalungisele.

40Ababe seduze nabo kuze kube kwa-Isakare, nakwaZebuloni, nakwaNafetali baletha isinkwa ngezimbongolo, nangamakamela, nangeminyuzi, nangezinkabi, nokudla kwempuphu, nezigaxa zamakhiwane, nezigaxa zezithelo zomvini ezomileyo, newayini, namafutha, nezinkabi, nezimvu eziningi, ngokuba kwakukhona ukuthokoza kwa-Israyeli.

## 1 iziKronike 13

### Umphongolo kaNkulunkulu ususwa eKiriyati Jeharimi

1 UDavide welulekana nezinduna zezinkulungwane nezamakhulu, nabaholi bonke.

2UDavide wathi kulo lonke ibandla lakwa-Israyeli: Uma kukuhle kini, uma kuvela kuJehova uNkulunkulu wethu, masihlakazeke sithumele kubafowethu abasele ezweni lonke lakwa-Israyeli kanye nabapristi namaLevi emizini yabo enamadlelo ukuba babuthane kithi,

3sibuyisele kithi umphongolo kaNkulunkulu wethu, ngokuba asiwufunanga ezinsukwini zikaSawule.

4Lonke ibandla lathi liyakwenze njalo, ngokuba leyo nto yayilungile emehlweni abo bonke abantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 UDavide wayesebutha wonke u-Israyeli kusukela eSihori laseGibithe kuze
kube sekuyeni eHamati ukususa umphongolo kaNkulunkulu eKiriyati
Jeharimi.

6 UDavide wenyukela kanye naye wonke u-Israyeli eBahala, okungukuthi
iKiriyati Jeharimi elalingelakwaJuda, ukukhuphula khona umphongolo
kaNkulunkulu uJehova ohlezi phezu kwamakherubi, owawubizwa ngegama
lakhe.

7 Bawuhambisa umphongolo kaNkulunkulu ngengqukumbane entsha,
bewukhipha endlini ka-Abinadaba; o-Uza no-Ahiyo bashayela ingqukumbane.

8 UDavide naye wonke u-Israyeli bathokoza ebusweni bukaNkulunkulu
ngamandla onke ngamahubo, nangamahabhu, nangezingubhu, nangezigubhu,
nangamasimbali, nangamacilongo.

9 Ekufikeni kwabo esibuyeni sikaKidoni u-Uza welula isandla sakhe ukubamba
umphongolo, ngokuba izinkabi zashelela.

10 Intukuthelo kaJehova yamvuthela u-Uza, wamshaya, ngokuba welulela
isandla emphongolweni; wafela khona lapho phambi kukaNkulunkulu.

11 UDavide wadabuka ngokuba uJehova emhlasele u-Uza, wayibiza leyo
ndawo ngokuthi iPheresi-Uza kuze kube namuhla.

12 UDavide wamesaba uNkulunkulu ngalolo suku; wathi: Ngizakuletha kanjani
umphongolo kaNkulunkulu kimi na?

13 UDavide akawuyisanga umphongolo kuye emzini kaDavide, kepha
wawubuyisela eceleni endlini ka-Obede Edomi umGiti.

14 Umphongolo kaNkulunkulu wahlala nabendlu ka-Obede Edomi endlini
yakhe izinyanga ezintathu; uJehova wayibusisa indlu ka-Obede Edomi nakho
konke anakho.

## 1 iziKronike 14

### Isivumelwano sikaDavide noHiramu. Abafazi bakhe namadodana akhe. Ukunqotshwa kwamaFilisti

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 UHiramu inkosi yaseTire wathuma izithunywa kuDavide, nemisedari,
nabakhi, nababazi ukuba bamakhele indlu.

2UDavide waqonda ukuthi uJehova wayemmisile impela ukuba abe yinkosi
kwa-Israyeli, ngokuba umbuso wakhe waphakanyiselwa phezulu ngenxa
yabantu bakhe u-Israyeli.

3UDavide wathatha abanye abafazi eJerusalema, uDavide wazala amanye
amadodana namadodakazi.

4 Nanka amagama abantwana ayenabo eJerusalema: oShamuvwa, noShobabi,
noNathani, noSolomoni,

5noJibari, no-Elishuwa, no-Elipheleti,

6noNoga, noNefegi, noJafiya,

7no-Elishama, noBeyeliyada, no-Elifeleti.

8 AmaFilisti esezwile ukuthi uDavide ugcotshiwe ukuba abe yinkosi kwa-
Israyeli wonke, onke amaFilisti enyuka ukumfuna uDavide; uDavide
wakuzwa, waphuma ukuwahlasela.

9AmaFilisti esefikile ukungenela isiGodi samaRefa,

10uDavide wabuza kuNkulunkulu, wathi: Ngenyukele ukuhlasela amaFilisti
na? Uyakuwanikela esandleni sami na? UJehova wathi kuye: Yenyuka,
ngokuba ngiyakuwanikela esandleni sakho.

11 Base benyukela eBali Pherasimi, uDavide wawachitha; uDavide wathi:
UNkulunkulu ufohlele izitha zami ngesandla sami njengokufohla kwamanzi.
Ngalokho baqamba igama laleyo ndawo ngokuthi iBali Pherasimi.

12 Ashiya khona onkulunkulu bawo; uDavide wathi mabashiswe ngomlilo.

13 AmaFilisti abuye angenela isigodi.

14UDavide waphinda wabuza kuNkulunkulu; uNkulunkulu wathi kuye:
Ungenyuki emva kwawo; wagwegwesele, uwafikele malungana namajikijolo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Kuyakuthi lapho usuzwa umsindo wokuhamba ezihlokweni zamajikijolo, uphume impi, ngokuba uNkulunkulu uphumile ngaphambi kwakho ukuchitha impi yamaFilisti.

16 UDavide wenza njengokumyala kukaNkulunkulu, bachitha impi yamaFilisti kusukela eGibeyoni kuze kube seGezeri.

17 Igama likaDavide laphumela emazweni onke; uJehova wehlisela izizwe zonke ingebhe ngaye.

## 1 iziKronike 15

### Ukuyiswa komphongolo kaJehova eJerusalema

1 Wazakhela izindlu emzini kaDavide; walungisela umphongolo kaNkulunkulu indawo, wawumisela itende.

2 Khona uDavide wathi: Umphongolo kaNkulunkulu nga ungathwalwa muntu, ngamaLevi kuphela, ngokuba yiwona akhethwe nguJehova ukuthwala umphongolo kaNkulunkulu nokumkhonza kuze kube phakade.

3 UDavide wabuthela wonke u-Israyeli eJerusalema ukukhuphulela umphongolo kaJehova endaweni yawo awulungisele yona.

4 UDavide wabutha amadodana ka-Aroni namaLevi;

5 kumadodana kaKohati: ngu-Uriyeli inhloko nabafowabo, beyikhulu namashumi amabili;

6 kumadodana kaMerari: ngu-Asaya inhloko nabafowabo, bengamakhulu amabili namashumi amabili;

7 kumadodana kaGereshomu: nguJoweli inhloko nabafowabo, beyikhulu namashumi amathathu;

8 kumadodana ka-Elisafani: nguShemaya inhloko nabafowabo, bengamakhulu amabili;

9 kumadodana kaHebroni: ngu-Eliyeli inhloko nabafowabo, bengamashumi ayisihiyagalombili;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10kumadodana ka-Uziyeli: ngu-Aminadaba inhloko nabafowabo, beyikhulu
neshumi nambili.

11UDavide wabiza oSadoki no-Abiyathara abapristi, namaLevi o-Uriyeli, no-
Asaya, noJoweli, noShemaya, no-Eliyeli, no-Aminadaba, wathi kubo:

12 Nina niyizinhloko zezindlu zawoyise bamaLevi; zingcweliseni nina
nabafowenu ukuba niwukhuphulele umphongolo kaJehova uNkulunkulu ka-
Israyeli endaweni engiyilungisele wona.

13 Ngokuba ngenxa yokungawuthwali kwenu kuqala uJehova uNkulunkulu
wethu wafohla kithina, ngokuba singamfunanga njengomthetho.

14Base bezingcwelisa abapristi namaLevi ukuba bawukhuphule umphongolo
kaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

15 Abantwana bamaLevi bawuthwala umphongolo kaNkulunkulu emahlombe
abo ngezinti zawo njengokuyala kukaMose ngezwi likaJehova.

16UDavide washo ezinduneni zamaLevi ukuba zibeke abafowabo abahlabeleli,
benezinto zokubetha, izingubhu, namahabhu, namasimbali, bakubethe,
baphakamise izwi labo ngokuthokoza.

17AmaLevi ayesebeka uHemani indodana kaJoweli, nakubafowabo u-Asafa
indodana kaBerekiya, nakumadodana kaMerari, abafowabo, u-Ethani
indodana kaKushaya,

18bekanye nabo abafowabo besigaba sesibili: oZakariya, noBeni, noJahaziyeli,
noShemiramoti, noJehiyeli, no-Uni, no-Eliyabe, noBenaya, noMahaseya,
noMatithiya, no-Elifelehu, noMikineya, no-Obede Edomi, noJehiyeli,
abalindisango,

19nabahlabeleli oHemani no-Asafa no-Ethani ukuba bakhalise amasimbali
ethusi,

20noZakariya, no-Aziyeli, noShemiramoti, noJehiyeli, no-Uni, no-Eliyabe,
noMahaseya, noBenaya ukuba babe nezingubhu ezilungiselwe i-Alamoti,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

21noMatithiya, no-Elifelehu, noMikineya, no-Obede Edomi, noJehiyeli, no-Azaziya ukuba babe namahabhu alungiselwe iSheminiti ukuba bahole.

22UKhenaniya induna yamaLevi wayephethe umsebenzi wokuthwala; wayefundisa ukuthwala ngokuba wayekwazi.

23OBerekiya no-Elkana babe ngabalindisango bomphongolo.

24OShebaniya, noJehoshafati, noNethaneli, no-Amasayi, noZakariya, noBenaya, no-Eliyezeri, abapristi, bashaya amacilongo phambi komphongolo kaNkulunkulu; o-Obede Edomi noJehiya babe ngabalindisango bomphongolo.

25 UDavide namalunga akwa-Israyeli nezinduna zezinkulungwane baya ukuwukhuphula umphongolo wesivumelwano sikaJehova endlini ka-Obede Edomi ngokuthokoza;

26kwathi lapho uNkulunkulu esesizile amaLevi awuthwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova, anikela ngezinkunzi eziyisikhombisa nangezinqama eziyisikhombisa.

27UDavide wayembethe ingubo yelineni elicolekileyo kanye nawo onke amaLevi ayethwala umphongolo, nabahlabeleli, noKhenaniya induna yokuthwala kwabahlabeleli; uDavide wayenengubo yamahlombe yelineni.

28Wonke u-Israyeli wawukhuphula kanjalo umphongolo wesivumelwano sikaJehova ngokukhamuluka nangezwi lomtshingo, nangamacilongo, nangamasimbali, ebetha izingubhu namahabhu.

29Kwathi lapho umphongolo wesivumelwano sikaJehova usungena emzini kaDavide, uMikhali indodakazi kaSawule walunguza efasiteleni, wabona inkosi uDavide isina, idlala; wayidelela enhliziyweni yakhe.

## 1 iziKronike 16

### Iminikelo namahubo ekungeniswени komphongolo eJerusalema

1 Bawungenisa umphongolo kaNkulunkulu, bawubeka phakathi netende uDavide ayelimisele wona; banikela ngeminikelo yokushiswa nangeminikelo yokuthula phambi kukaNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

2 UDavide eseqedile ukunikela ngomnikelo wokushiswa nangeminikelo yokuthula wababusisa abantu egameni likaJehova.

3 Wabela bonke abantu bakwa-Israyeli, abesilisa nabesifazane, isinkwa saba sinye, nesicubu senyama, nesigaxa sezithelo zomvini ezomileyo.

4 Wabela amaLevi athile ukukhonza phambi komphongolo kaJehova ukuba amkhumbule, ambonge, amdumise uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli:

5 ngu-Asafa inhloko nabesigaba sakhe sesibili, oZakariya, noJehiyeli, noShemiramoti, noJehiyeli, noMatithiya, no-Eliyabe, noBenaya, no-Obede Edomi, noJehiyeli, benezingubhu namahabhu, kanye no-Asafa ephethe amasimbali, ewabetha,

6 noBenaya noJahaziyeli abapristi, benamacilongo njalo phambi komphongolo wesivumelwano sikaNkulunkulu.

**Ihubo likaDavide**

7 Ngalolo suku uDavide wayeseqala ukuhlela ukuba uJehova abongwe ngesandla sika-Asafa nabafowabo.

8 Bongani uJehova, nibize igama lakhe, nizazise phakathi kwabantu izenzo zakhe.

9 Hlabelelani kuye, nimhubele, nikhulume ngezimangaliso zakhe zonke.

10 Zibongeni egameni lakhe elingcwele; mazithokoze izinhliziyo zabamfuna uJehova.

11 Funani uJehova namandla akhe, nifunisise ubuso bakhe njalo.

12 Khumbulani izimangaliso zakhe azenzileyo, nezibonakaliso zakhe, nezahlulelo zomlomo wakhe,

13 nina nzalo ka-Israyeli, inceku yakhe, nina bantwana bakaJakobe, abakhethiweyo bakhe.

14 Yena unguJehova uNkulunkulu wethu; izahlulelo zakhe zisemhlabeni wonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Khumbulani isivumelwano sakhe kuze kube phakade, izwi ayala ngalo izizukulwane eziyinkulungwane,

16 avumelana kuso no-Abrahama, nesifungo sakhe ku-Isaka;

17wasiqinisa kuJakobe, saba ngumthetho, naku-Israyeli, saba yisivumelwano esiphakade,

18 ethi: Ngizakukunika izwe laseKhanani libe yisabelo sefa lakho,

19lapho naniyingcosana ngomumo, yebo, lapho naniyingcosana, futhi naniyizihambi kulo.

20Bazulazula ezizweni ngezizwe, besuka kulo mbuso, beya kwabanye abantu.

21 Akavumelanga muntu ukubahlupha, wajezisa amakhosi ngenxa yabo,

22ethi: Ningathinti abagcotshiweyo bami, ningoni abaprofethi bami.

23 Hlabelelani kuJehova, mhlaba wonke, nimemeze insindiso yakhe imihla ngemihla.

24Landani inkazimulo yakhe phakathi kwabezizwe, izimangaliso zakhe phakathi kwabantu bonke.

25 Ngokuba mkhulu uJehova, udumisekile kakhulu; uyesabeka phezu kwabo bonke onkulunkulu.

26Ngokuba bonke onkulunkulu babezizwe bayizithombe, kepha uJehova walenza izulu.

27Udumo nobukhosi kusebusweni bakhe; amandla nokuthokoza kusendaweni yakhe.

28Mnikeni uJehova nina mindeni yabantu, mnikeni uJehova inkazimulo namandla.

29 Mnikeni uJehova inkazimulo yegama lakhe, nilethe umnikelo, nize phambi kwakhe, nikhuleke kuJehova ngobuhle bobungcwele.

30Thuthumelani ebusweni bakhe, mhlaba wonke; izwe lihlala liqinile, alinakushukunyiswa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

31 Malijabule izulu, umhlaba uthokoze; makuthiwe ezizweni: UJehova uyinkosi.

32 Maluhlokome ulwandle nokugcwala kwalo, amasimu ename nakho konke okukuwo.

33 Khona imithi yehlathi iyakuhuba ngokujabula ebusweni bukaJehova, ngokuba uyeza ukwahlulela umhlaba.

34 Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

35 Thanini: Sisindise, Nkulunkulu wokusindiswa kwethu, usibuthe, usophule kwabezizwe ukuba sidumise igama lakho elingcwele, sethabe ekukudumiseni.

36 Makabongwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, kusukela phakade kuze kube phakade. Bonke abantu bathi: Amen, bamdumisa uJehova.

37 Wayeseshiya khona ngaphambi komphongolo wesivumelwano sikaJehova u-Asafa nabafowabo ukuba bakhonze phambi komphongolo njalo ngokomsebenzi wemihla ngemihla,

38 kanye no-Obede Edomi nabafowabo abangamashumi ayisithupha nesishiyagalombili u-Obede Edomi indodana kaJeduthuni noHosa babe ngabalindisango

39 noSadoki umpristi nabafowabo abapristi ngaphambi kwetabernakele likaJehova endaweni ephakemeyo eyayiseGibeyoni

40 ukuba banikele njalo ngeminikelo yokushiswa phezu kwe-altare lomnikelo wokushiswa ekuseni nakusihlwa njengakho konke okulotshiweyo emthethweni kaJehova ayala ngawo u-Israyeli,

41 bekanye nabo oHemani noJeduthuni nensali yabakhethiweyo abakhonjwa ngamagama ukuba bambonge uJehova, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

42 kwakukhona kubo, oHemani noJeduthuni, amacilongo namasimbali alabo abayakuwakhalisa, nezinto zokubethwa kuNkulunkulu; amadodana kaJeduthuni ayengasesangweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

43 Base behamba baya, kwaba yilowo nalowo endlini yakhe; uDavide wabuya ukubusisa indlu yakhe.

## 1 iziKronike 17

### Inhloso kaDavide yokwakha ithempeli

1 Kwathi lapho uDavide esehlezi endlini yakhe, uDavide wathi kuNathani umprofethi: Bheka, mina ngihlala endlini yemisedari, kepha umphongolo wesivumelwano sikaJehova uphansi kwezilenge.

2UNathani wathi kuDavide: Yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uNkulunkulu unawe.

3Kepha kwathi ngalobo busuku izwi likaNkulunkulu lafika kuNathani, lathi:

4 Hamba utshele uDavide inceku yami ukuthi: Usho kanje uJehova, uthi: Awuyikungakhela indlu ukuba ngihlale kuyo,

5ngokuba angihlalanga ndlu kusukela osukwini engakhuphula ngalo u-Israyeli kuze kube namuhla, kepha ngangisematendeni, nasematabernakele ngamatabernakele.

6Ezindaweni zonke engihambahambe kuzo naye wonke u-Israyeli ngake ngakhuluma yini izwi nakoyedwa wabahluleli bakwa-Israyeli engabayala ukuba baluse abantu bami, ngathi: Aningakhelanga ngani indlu yemisedari na?

7 Ngalokho uyakusho kanje encekwini yami uDavide, uthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Mina ngakuthatha edlelweni ekwaluseni izimvu ukuba ube ngumbusi wabantu bami u-Israyeli;

8nganginawe nomaphi lapho wawuya khona, nganquma zonke izitha zakho ngaphambi kwakho; ngiyakukwenza igama njengamagama abakhulu abasemhlabeni.

9Ngiyakumisela abantu bami u-Israyeli indawo, ngibatshale ukuba bahlale endaweni yabo, bangabe besanyakaziswa; futhi abantu ababi abasayikubachitha njengakuqala,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 kusukela emihleni engayaleza ngayo abahluleli ukuba babe phezu kwabantu bami u-Israyeli; ngiyakunqoba zonke izitha zakho. Futhi ngiyakutshela ukuthi uJehova uyakukwakhela indlu.

11 Kuyakuthi lapho izinsuku zakho seziphelele ukuba uye koyihlo, ngiyakumisa inzalo yakho emva kwakho, eyakuba ngeyamadodana akho; ngiyakuqinisa umbuso wayo.

12 Yiyo eyakungakhela indlu; ngiyakuqinisa isihlalo sayo sobukhosi kuze kube phakade.

13 Mina ngiyakuba nguyise, yona ibe yindodana yami; angiyikuyaphuca umusa wami, njengalokho ngamaphuca owayephambi kwakho.

14 Ngiyakuyiqinisa endlini yami nasembusweni wami kuze kube phakade, isihlalo sayo sobukhosi siqiniswe kuze kube phakade.

15 Njengawo onke lawo mazwi nanjengawo wonke lowo mbono uNathani wakhuluma kuDavide.

**Umkhuleko kaDavide**

16 UDavide inkosi wayesengena, wahlala phambi kukaJehova, wathi: Ngingubani, Jehova Nkulunkulu, nendlu yami iyini ukuba ungilethe kuze kube lapha na?

17 Lokho kwakuyinto encane emehlweni akho, Nkulunkulu; usukhulumile ngendlu yenceku yakho isekude, wangibuka kungathi ngingumuntu ophakemeyo, Jehova Nkulunkulu.

18 UDavide angenezela ngokuthini kuwe ngodumo inceku yakho elwenzelweyo na? Wena uyayazi inceku yakho.

19 Jehova, ngenxa yenceku yakho nanjengokwenhliziyo yakho wenzile konke lokho okukhulu ukuba kwaziswe bonke lobu bukhulu.

20 Jehova, akakho onjengawe, akukho Nkulunkulu ngaphandle kwakho njengakho konke esikuzwileyo ngezindlebe zethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Yisiphi isizwe emhlabeni esinjengabantu bakho u-Israyeli, uNkulunkulu aya ukuzihlengela bona babe ngabantu bakhe, ukukwenzela igama ngezinto ezinkulu nezesabekayo ngokuxosha abezizwe ebusweni babantu bakho owabahlenga eGibithe, na?

22 Ngokuba abantu bakho u-Israyeli wabenza babe ngabantu bakho kuze kube phakade, wena Jehova ube nguNkulunkulu wabo.

23 Manje, Jehova, izwi olikhulumile ngenceku yakho nangendlu yayo kuze kube phakade maliqiniswe, wenze njengokukhuluma kwakho.

24 Maliqiniseke, libe likhulu igama lakho kuze kube phakade, ukuze kuthiwe: UJehova Sebawoti unguNkulunkulu ka-Israyeli, yebo, uNkulunkulu ka-Israyeli, nendlu kaDavide inceku yakho iqinisiwe phambi kwakho.

25 Ngokuba wena Nkulunkulu wami wambulele endlebeni yenceku yakho ukuthi uyakuyakhela indlu; ngalokho inceku yakho ifike kulokhu ukuba ikhuleke phambi kwakho.

26 Manje, Jehova, wena unguNkulunkulu, ukhulumile lokho okuhle encekwini yakho;

27 kalokhu mawuvume ukubusisa indlu yenceku yakho ukuba ibe sebusweni bakho kuze kube phakade, ngokuba okubusisile wena Jehova kuyahlala kubusisekile kuze kube phakade.

## 1 iziKronike 18

### Ukunqoba kukaDavide

1 Kwathi emva kwalokho uDavide wawashaya amaFilisti, wawahlula, walithatha iGati nemizana yalo esandleni samaFilisti.

2 Wanqoba noMowabi; abakwaMowabi baba yizinceku zikaDavide, bathela intela.

3 UDavide washaya noHadarezeri, inkosi yaseSoba ngaseHamati, ekuhambeni kwakhe ukuqinisa isandla sakhe ngasemfuleni u-Ewufrathe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 UDavide wamaphuca izinqola eziyinkulungwane, nabamahhashi abayizinkulungwane eziyisikhombisa, nemigundatshani eyizinkulungwane ezingamashumi amabili; uDavide wanquma imisipha yawo onke amahhashi ezinqola, washiya awezinqola eziyikhulu kodwa.

5Ama-Aramu aseDamaseku esefika ukumsiza uHadarezeri inkosi yaseSoba, uDavide wabulala kuma-Aramu abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili.

6UDavide wamisa amakhanda e-Aramu laseDamaseku; ama-Aramu aba yizinceku zikaDavide, athela intela. UJehova wamnqobisa uDavide nomaphi lapho eya khona.

7UDavide wathatha izihlangu zegolide ezazisezincekwini zikaHadarezeri, waziletha eJerusalema.

8 EThibahati naseKhuni imizi kaHadarezeri, uDavide wathatha ithusi eliningi kakhulu uSolomoni enza ngalo ulwandle lwethusi, nezinsika nezitsha zethusi.

9Lapho uThowu inkosi yaseHamati ezwa ukuthi uDavide ushayile yonke impi kaHadarezeri inkosi yaseSoba,

10wathuma uHadoramu, indodana yakhe, enkosini uDavide ukuyibingelela nokuyibusisa, ngokuba yayilwile noHadarezeri, yamnqoba, ngokuba uHadarezeri wayelokhu elwa noThowu; wathuma izinhlobo zonke zezitsha zegolide nezesiliva nezethusi.

11Nalezo inkosi uDavide yayizingcwelisela uJehova kanye nesiliva negolide alisusa ezizweni zonke: ku-Edomi, nakuMowabi, nakubantwana bakwa-Amoni, nakumaFilisti, nakuma-Amaleki.

12U-Abishayi, indodana kaSeruya, wabulala kwabakwa-Edomi esiGodini sikaSawoti, izinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili.

13 Wamisa amakhanda kwa-Edomi; bonke abakwa-Edomi baba yizinceku zikaDavide. UJehova wamnqobisa uDavide nomaphi lapho eya khona.

### Izinduna zikaDavide

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 UDavide wabusa phezu kuka-Israyeli wonke, waphatha ukwahlulela
nokulunga kubo bonke abantu bakhe.

15 UJowabe indodana kaSeruya wayephezu kwempi; uJehoshafati, indodana
ka-Ahiludi, wayengumabhalana;

16 uSadoki, indodana ka-Ahithubi, no-Abimeleki indodana ka-Abiyathara,
babe ngabapristi; noShawusha wayengumbhali;

17 uBenaya, indodana kaJehoyada wayephezu kwamaKhereti namaPheleti;
amadodana kaDavide ayengabokuqala ngasenkosini.

## 1 iziKronike 19

### UDavide uyabulala abakwa-Amoni ngenxa yokuphathwa kabi kwezithunywa zakhe

1 Kwathi emva kwalokho uNahashi inkosi yabantwana bakwa-Amoni wafa,
indodana yakhe yaba yinkosi esikhundleni sakhe.

2 UDavide wathi: Ngiyakumenzela umusa uHanuni, indodana kaNahashi,
ngokuba uyise wangenzela umusa. UDavide wayesethuma izithunywa
ukumduduza ngoyise. Zafika-ke izinceku zikaDavide ezweni labantwana
bakwa-Amoni kuHanuni ukumduduza.

3 Kepha izikhulu zabantwana bakwa-Amoni zathi kuHanuni: Imbala
ngokubona kwakho uthume abaduduzi kuwe ukuba atuse uyihlo na?
Azifikanga yini izinceku zakhe kuwe ukuba ziphenye umuzi, ziwuchithe,
ziwuhlole, na?

4 UHanuni wayesebamba izinceku zikaDavide, waziphucula, wahina izingubo
zazo phakathi, kwaze kwaba sezinqeni zazo, wazimukisa.

5 Bahamba, bamtshela uDavide ngalawo madoda. Wathuma
ukuwahlangabeza, ngokuba ayenamahloni kakhulu lawo madoda. Yathi
inkosi: Hlalani eJeriko, zize zihlume izilevu zenu, bese nibuya.

6 Abantwana bakwa-Amoni sebebone ukuthi bazenzile ukuba banengeke
kuDavide, uHanuni nabantwana bakwa-Amoni bathuma amatalenta

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

ayinkulungwane esiliva ukuziqashela izinqola nabamahhashi e-Aramu Naharayimi, nase-Aramu Mahakha, naseSoba.

7Base beziqashela izinqola eziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu nambili kanye nenkosi yaseMahakha nabantu bayo abeza ukumisa ngaphambi kweMedeba. Abantwana bakwa-Amoni babuthana ndawonye bephuma emizini yabo; baya ukulwa.

8UDavide esezwile lokho wamthuma uJowabe nempi yonke yamaqhawe.

9Abantwana bakwa-Amoni baphuma, bahlela impi ngasesangweni lomuzi; kepha amakhosi ayefikile ayewodwa endle.

10UJowabe esebona ukuthi impi ibhekene naye ngaphambili nangasemuva, wakhetha kwabakhethekileyo bonke bakwa-Israyeli, wabahlela ukuba balwe nama-Aramu;

11abantu abaseleyo wababeka esandleni sika-Abishayi umfowabo, bazihlela ukulwa nabantwana bakwa-Amoni.

12Wathi: Uma ama-Aramu engahlula, uyakungisiza; kepha uma abantwana bakwa-Amoni bekwahlula, ngiyakukusiza.

13Qinani, masiziqinise ngenxa yabantu bakithi nangenxa yemizi kaNkulunkulu wethu; uJehova makenze okuhle emehlweni akhe.

14UJowabe nabantu ababe naye base besondela kuwo ama-Aramu ukuba balwe; kepha abaleka phambi kwakhe.

15Lapho abantwana bakwa-Amoni bebona ukuthi ama-Aramu abalekile, babaleka nabo phambi kuka-Abishayi umfowabo, bangena emzini; kepha uJowabe waya eJerusalema.

16Ama-Aramu esebonile ukuthi anqotshiwe phambi kuka-Israyeli, athuma izithunywa, akhipha ama-Aramu ayephesheya koMfula noShofaki induna yempi kaHadarezeri phambi kwawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[17]UDavide watshelwa, wabutha wonke u-Israyeli, wawela iJordani, wawafikela, wahlela impi ukulwa nawo. UDavide esehlelile impi ukulwa nama-Aramu, alwa naye.

[18]Ama-Aramu abaleka phambi kuka-Israyeli; uDavide wabulala kuma-Aramu izinqola eziyizinkulungwane eziyisikhombisa nemigundatshani eyizinkulungwane ezingamashumi amane, wabulala noShofaki induna yempi.

[19]Lapho izinceku zikaHadarezeri zibonile ukuthi zinqotshiwe phambi kuka-Israyeli, zenza ukuthula noDavide, zamkhonza; ama-Aramu awathandanga ukusiza abantwana bakwa-Amoni futhi.

## 1 iziKronike 20

### Ukuvinjezelwa kweRaba. Ukulwa namaFilisti

[1] Emva komnyaka ngesikhathi sokuhlasela kwamakhosi, uJowabe wahola amaqhawe empi, wachitha izwe labantwana bakwa-Amoni, weza wavimbezela iRaba; kepha uDavide wahlala eJerusalema. UJowabe walinqoba iRaba, walidiliza.

[2]UDavide wathatha umqhele wenkosi yabo ekhanda layo, wafumana isisindo sawo ukuthi sasiyitalenta legolide, itshe eliyigugu likuwo; wabekwa ekhanda likaDavide; wakhipha emzini impango eningi kakhulu.

[3]Wakhipha nabantu ababe phakathi kwawo, wabanquma ngamasaha, nangezibhuqo zensimbi, nangamazembe; wenze njalo uDavide kuyo yonke imizi yabantwana bakwa-Amoni. UDavide nabo bonke abantu babuyela eJerusalema.

[4] Emva kwalokho kwavuka impi namaFilisti eGezeri; khona uSibekayi, umHushati, wabulala uSiphayi wamadodana amaRefa; anqotshwa.

[5] Kwabuye kwaba khona impi namaFilisti; u-Elihanani, indodana kaJayire, wabulala uLahimi umfowabo kaGoliyati, umGiti, oluthi lomkhonto wakhe lwalunjengogongolo lomaluki.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Kwabuye kwaba khona impi eGati, lapho kwakukhona umuntu omude; iminwe yakhe nezinzwani zakhe kwakungamashumi amabili nane, isithupha esandleni sisinye, nesithupha onyaweni lulunye; naye wazalwa yiRefa.

7Wameyisa u-Israyeli; ngalokho uJonathani indodana kaShimeya umfowabo kaDavide wambulala.

8 Labo bazalwa ngamaRefa eGati, bawa ngesandla sikaDavide nangesandla sezinceku zakhe.

## 1 iziKronike 21

### Ukubalwa kwabantu nokufika kwesifo

1 USathane wema ukulwa no-Israyeli, wavusa uDavide ukuba abale u-Israyeli.

2UDavide wayesethi kuJowabe nasezinduneni zabantu: Hambani nibale u-Israyeli kusukela eBeri Sheba kuze kube kwaDani, nilethe umumo wabo kimi ukuba ngiwazi.

3UJowabe wathi: UJehova makenezele kubantu bakhe, kuphindwe kayikhulu phezu kwalokhu abayikho; kepha, nkosi yami, nkosi, abasizo izinceku zenkosi yami bonke na? Inkosi yami ifunelani le nto na? Iyakuba yicala ngani ku-Israyeli na?

4Nokho izwi lenkosi lamahlula uJowabe. UJowabe waphuma, wadabula wonke u-Israyeli, wafika eJerusalema.

5UJowabe wanika uDavide umumo wabantu ababaliweyo; wonke u-Israyeli wayeyizinkulungwane eziyinkulungwane nezinkulungwane eziyikhulu abahloma inkemba; uJuda wayeyizinkulungwane ezingamakhulu amane namashumi ayisikhombisa.

6 Kepha oLevi noBenjamini akababalanga phakathi kwabo, ngokuba izwi lenkosi lalinengekile kuJowabe.

7Kwaba kubi emehlweni kaNkulunkulu; ngalokho washaya u-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8UDavide wayesethi kuNkulunkulu: Ngonile kakhulu ngalokho engikwenzileyo; kepha manje, Jehova, mawuthethelele ububi benceku yakho, ngokuba ngintumazele kakhulu.

9UJehova wayesekhuluma kuGadi, umboni kaDavide, ethi:

10 Hamba ukhulume kuDavide ngokuthi: UJehova usho kanje, uthi: Ngiyakubekela izinto ezintathu; khetha enye kuzo ukuba ngikwenzele yona.

11UGadi wayesefika kuDavide, wathi kuye: UJehova usho kanje, uthi:

12 Zikhethele noma indlala yeminyaka emithathu, noma ukuchithwa yizitha zakho izinyanga ezintathu uficwa yinkemba yezitha zakho, noma izinsuku ezintathu zenkemba kaJehova nesifo ezweni, ingelosi kaJehova ichithe emikhawulweni yonke yakwa-Israyeli. Manje zibonele izwi engiyakulibuyisela kongithumileyo.

13UDavide wathi kuGadi: Nginosizi kakhulu; mangiwele esandleni sikaJehova, ngokuba umusa wakhe mkhulu kakhulu; kepha esandleni somuntu mangingaweli kuso.

14UJehova wayesethuma isifo phezu kuka-Israyeli; kwafa kwa-Israyeli abantu abayizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa.

15UNkulunkulu wathuma ingelosi eJerusalema ukulichitha; kwathi lapho isalichitha, uJehova wabuka, wazisola ngalobo bubi, wathi engelosini echithayo: Sekwanele; buyisa isandla sakho. Ingelosi kaJehova yayimi ngasesibuyeni sika-Orinani umJebusi.

16UDavide wayesephakamisa amehlo akhe, wayibona ingelosi kaJehova imi emkhathini womhlaba nezulu, inenkemba ehoshiweyo esandleni sayo, yelulelwe phezu kweJerusalema. UDavide namalunga bembethe izindwangu zamasaka bawa ngobuso babo.

17UDavide wathi kuNkulunkulu: Akusimi yini owayaleza ukuba abantu babalwe na? Yimina engonileyo; ngenze kabi kakhulu, kepha lezi zimvu zenzeni na? Isandla sakho, Jehova Nkulunkulu wami, masibe phezu kwami

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

naphezu kwendlu kababa, singabi phezu kwabantu bakho ukubashaya ngesifo.

### I-altare elisesibuyeni sika-Orinani

18 Ingelosi kaJehova yamyala uGadi ukusho kuDavide ukuba uDavide enyuke, amisele uJehova i-altare esibuyeni sika-Orinani umJebusi.

19 UDavide wenyuka ngezwi likaGadi alikhulumayo egameni likaJehova.

20 U-Orinani waphenduka, wayibona ingelosi; amadodana akhe amane ayenaye acasha. U-Orinani wayebhula ukolweni.

21 UDavide esefika ku-Orinani, u-Orinani wabuka, wambona uDavide, waphuma esibuyeni, wakhothamela uDavide, ubuso bakhe bubheke phansi.

22 UDavide wathi ku-Orinani: Nginike indawo yalesi sibuya ukuba ngakhele uJehova i-altare kuyo: uyakunginika yona ngemali epheleleyo ukuba lesi sifo sinqamuke kubantu.

23 U-Orinani wathi kuDavide: Zithathele yona; inkosi yami, inkosi, mayenze okuhle emehlweni ayo; bheka, ngiyakupha izinkabi zibe ngezeminikelo yokushiswa, nezibhulo zibe yizinkuni, nokolweni abe ngumnikelo wempuphu; ngikunika konke.

24 Inkosi uDavide yathi ku-Orinani: Qha, ngiyakukuthenga nokukuthenga ngemali epheleleyo, ngokuba angizukumthathela uJehova okungokwakho, nginikele ngomnikelo wokushiswa ngengikuthole ngeze.

25 UDavide wayesemnika u-Orinani ngendawo amashekeli angamakhulu ayisithupha egolide ngesisindo.

26 UDavide wamakhela khona uJehova i-altare, wanikela ngeminikelo yokushiswa nangeminikelo yokuthula, wambiza uJehova; wamphendula esezulwini ngomlilo e-altare lomnikelo wokushiswa.

27 UJehova wayiyala ingelosi; yabuyisela inkemba yayo emgodleni wayo.

28 Ngaleso sikhathi lapho uDavide esebonile ukuthi uJehova umphendulile esibuyeni sika-Orinani umJebusi, wahlaba khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29Ngokuba itabernakele likaJehova alenza uMose ehlane ne-altare lomnikelo
wokushiswa kwakusendaweni ephakemeyo eGibeyoni ngaleso sikhathi.

30Kepha uDavide wayengenakuya phambi kwalo ukubuza kuNkulunkulu,
ngokuba wagebhezelela inkemba yengelosi kaJehova.

## 1 iziKronike 22

### UDavide ulungisela ithempeli

1UDavide wathi: Le iyindlu kaJehova uNkulunkulu, leli liyi-altare lomnikelo
wokushiswa ka-Israyeli.

2 UDavide wayala ukuba babuthe bonke abafokazi ababe sezweni lakwa-
Israyeli, wabeka abakhi ukubaza amatshe axhoziweyo ukuba bakhe indlu
kaNkulunkulu.

3UDavide walungisa insimbi eningi yezipikili zezivalo zamasango
nezokuhlanganisa, kanye nethusi elining elingenakulinganiswa,

4nemisedari engenakubalwa, ngokuba amaSidoni nabaseTire baletha
imisedari eminingi kuDavide.

5 UDavide wathi: USolomoni indodana yami usengumfana, usathambile,
nendlu eyakwakhelwa uJehova nga iba nkulu, ibatshazwe, ibe negama
nodumo emazweni onke; ngizakuyilungisela. Wayeseyilungisela kakhulu
uDavide engakafi.

6Wayesebiza uSolomoni indodana yakhe, wamyala ukumakhela uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli indlu.

7 UDavide wathi kuSolomoni indodana yakhe: Mina-ke, kwakusenhliziyweni
yami ukwakhela igama likaJehova uNkulunkulu wami indlu.

8 Kepha izwi likaJehova lafika kimi, lathi: Uchithile igazi elining, uphake
izimpi ezinkulu; awuyikwakhela igama lami indlu, ngokuba uchithe igazi
elining emhlabathini emehlweni ami;

9bheka, uyakuzalelwa indodana eyakuba ngumuntu wokuthula;
ngiyakumnika ukuphumula ezitheni zakhe nxazonke, ngokuba igama lakhe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

liyakuba nguSolomoni; ukuthula nokuzola ngiyakumnika khona u-Israyeli emihleni yakhe;

10 uyakwakhela igama lami indlu; uyakuba yindodana yami, mina ngibe nguyise; ngiyakuqinisa isihlalo sobukhosi sombuso wakhe kwa-Israyeli kuze kube phakade.

11 Kalokhu, ndodana yami, uJehova makabe nawe, ube nempumelelo, wakhe indlu kaJehova uNkulunkulu wakho njengokukhuluma kwakhe kuwe.

12 Kuphela, uJehova makakuphe ukuhlakanipha nokuqonda, akuyale ngo-Israyeli ukuba ugcine umthetho kaJehova uNkulunkulu wakho.

13 Khona uyakuphumelela, uma ugcina ukwenza izimiso nezahlulelo uJehova ayala ngazo uMose ngo-Israyeli; qina, ume isibindi; ungesabi, ungabi naluvalo.

14 Bheka, ekuhluphekeni kwami ngilungisele indlu kaJehova amatalenta ayizinkulungwane eziyikhulu egolide, namatalenta ayizinkulungwane eziyinkulungwane esiliva, nethusi nensimbi okungenakulinganiswa, ngokuba kuningi; ngilungisile nemithi namatshe; uyakwenezela kukho.

15 Kukhona kuwe izisebenzi eziningi, ababazi, nezisebenzi zamatshe nezemithi, nabo bonke abayizingcweti emisebenzini yonke:

16 eyegolide, neyesiliva, neyethusi, neyensimbi, kungenakubalwa; suka usebenze; uJehova makabe nawe.

17 UDavide wayala zonke izikhulu zakwa-Israyeli ukusiza uSolomoni, wathi:

18 UJehova uNkulunkulu wenu akanani na? Akaniphanga ukuphumula nxazonke na? Ngokuba unikele esandleni sami abakhileyo ezweni; izwe linyatheliwe phambi kukaJehova naphambi kwabantu bakhe.

19 Kalokhu nikelani inhliziyo yenu nomphefumulo wenu ekufuneni uJehova uNkulunkulu wenu; sukani nakhe indlu engcwele kaJehova uNkulunkulu ukuba kungeniswe umphongolo wesivumelwano sikaJehova nezinto ezingcwele zikaNkulunkulu endlini eyakwakhelwa igama likaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# 1 iziKronike 23

### Umumo nomsebenzi wamaLevi

1 UDavide wayesemdala, esanelisiwe yizinsuku; wambeka uSolomoni indodana yakhe abe yinkosi kwa-Israyeli.

2 Wabutha zonke izikhulu zakwa-Israyeli kanye nabapristi namaLevi.

3 AmaLevi abalwa kusukela kwaneminyaka engamashumi amathathu kuya phezulu; umumo wawo ngezinhloko zawo, indoda ngendoda, wawuyizinkulungwane ezingamashumi amathathu nesishiyagalombili.

4 Ayizinkulungwane ezingamashumi amabili nane kuwona ayengawokwengamela umsebenzi wendlu kaJehova; izinkulungwane eziyisithupha zaziyizinduna nabahluleli;

5 izinkulungwane ezine zazingabalindisango; izinkulungwane ezine ziyakudumisa uJehova ngezinto zokubethwa engazenzayo, washo uDavide, ukuba zidumise ngazo.

6 UDavide wabahlukanisa ngezigaba njengamadodana kaLevi: oGereshoni, noKohati, noMerari.

7 KumaGereshoni: ngoLadani noShimeyi.

8 Amadodana kaLadani: nguJehiyeli inhloko, noZethamu, noJoweli, bebathathu.

9 Amadodana kaShimeyi: ngoShelomoti, noHaziyeli, noHarana, bebathathu. Labo babe yizinhloko zawoyise bakaLadani.

10 Amadodana kaShimeyi: ngoJahati, noZina, noJewushe, noBeriya. Labo bobane babe ngamadodana kaShimeyi.

11 UJahati wayeyinhloko, noZiza ngowesibili; kepha oJewushe noBeriya babengenamadodana amaningi; ngalokho baba yindlu inye kayise, bebalwa kanyekanye.

12 Amadodana kaKohati: ngo-Amramu, noJisihari, noHebroni, no-Uziyeli, bebane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Amadodana ka-Amramu: ngo-Aroni noMose; u-Aroni wahlukaniswa ukuba angcwelise izinto ezingcwelengcwele, yena namadodana akhe, kuze kube phakade, ukushisa impepho phambi kukaJehova, nokumkhonza, nokubusisa egameni lakhe kuze kube phakade.

14 Kepha uMose, lowo muntu kaNkulunkulu, amadodana akhe abizwa ngesizwe sakwaLevi.

15 Amadodana kaMose: ngoGereshomu no-Eliyezeri.

16 Amadodana kaGereshomu: nguShebuweli owayeyinhloko.

17 Amadodana ka-Eliyezeri: nguRehabiya inhloko. U-Eliyezeri wayengenawo amanye amadodana; kepha amadodana kaRehabiya ayemaningi kakhulu.

18 Amadodana kaJisihari: nguShelomiti inhloko.

19 Amadodana kaHebroni: nguJeriya inhloko, no-Amariya owesibili, noJahaziyeli owesithathu, noJekameyamu owesine.

20 Amadodana ka-Uziyeli: nguMika inhloko noJishiya owesibili.

21 Amadodana kaMerari: ngoMaheli noMushi. Amadodana kaMaheli: ngo-Eleyazare noKishi.

22 U-Eleyazare wafa engenamadodana, enamadodakazi odwa; abafowabo, amadodana kaKishi, bawathatha.

23 Amadodana kaMushi: ngoMaheli, no-Edere, noJeremoti, bebathathu.

24 Yilabo ababe ngamadodana kaLevi ngezindlu zawoyise, izinhloko zawoyise, bebalwa ngomumo wamagama ngezinhloko zabo, abawenza umsebenzi wenkonzo yendlu kaJehova, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu.

25 Ngokuba uDavide wathi: UJehova uNkulunkulu ka-Israyeli unike abantu bakhe ukuphumula; uhlezi eJerusalema kuze kube phakade;

26 namaLevi awasayikuthwala itabernakele nazo zonke izinto zalo zenkonzo yalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27 Ngokuba amadodana kaLevi abalwa ngamazwi okugcina kaDavide, kusukela kwaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu.

28 Ngokuba indawo yawo yayingasesandleni samadodana ka-Aroni ukukhonza endlini kaJehova, nasemagcekeni, nasemakamelweni, nokuhlambulula zonke izinto ezingcwele, nomsebenzi wenkonzo endlini kaNkulunkulu,

29 eyezinkwa zokubukwa, neyempuphu ecolekileyo yomnikelo wempuphu, neyemiqathane engenamvubelo, neyokuphekwe ekhanzini, neyexutshanisiweyo, neyazo zonke izilinganiso nobukhulu;

30 nokuma njalo ekuseni ukubonga nokudumisa uJehova, kanjalo nakusihlwa;

31 nokunikela njalo ngayo yonke iminikelo yokushiswa kuJehova ngamasabatha, nangokwethwasa kwenyanga, nanemikhosi emisiweyo ngomumo onjengomthetho wabo, phambi kukaJehova;

32 bayakugcina imfanelo yetende lokuhlangana, nemfanelo yendawo engcwele, nemfanelo yamadodana ka-Aroni abafowabo ekukhonzeni endlini kaJehova.

## 1 iziKronike 24

### Izigaba zabapristi nezamaLevi

1 Nazi izigaba zamadodana ka-Aroni: amadodana ka-Aroni: ngoNadabi, no-Abihu, no-Eleyazare, no-Itamari.

2 Kepha oNadabi no-Abihu bandulela uyise ukufa, bengenabantwana; ngalokho o-Eleyazare no-Itamari kuphela babe ngabapristi.

3 ODavide, noSadoki wamadodana ka-Eleyazare, no-Ahimeleki wamadodana ka-Itamari babahlukanisa ngezigaba zabo njengenkonzo yabo.

4 Kwafunyaniswa emadodaneni ka-Eleyazare amadoda amaningi ayizinhloko kunasemadodaneni ka-Itamari; bahlukaniswa kanje: emadodaneni ka-Eleyazare kwakukhona abayishumi nesithupha abayizinhloko zezindlu zawoyise, nasemadodaneni ka-Itamari babe yisishiyagalombili njengezindlu zawoyise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Bahlukaniswa ngenkatho, laba nalaba, ngokuba kwakukhona izikhulu zendlu engcwele nezikhulu zikaNkulunkulu emadodaneni ka-Eleyazare nasemadodaneni ka-Itamari.

6UShemaya, indodana kaNethaneli, umbhali ongowamaLevi, wabaloba phambi kwenkosi, nezikhulu, noSadoki, nezikhulu, noSadoki umpristi, no-Ahimeleki indodana ka-Abiyathara, nezinhloko zawoyise babapristi namaLevi; enye indlu yawoyise yakhishelwa u-Eleyazare, nenye yakhishelwa u-Itamari.

7Inkatho yokuqala yadla uJehoyaribi, neyesibili uJedaya,

8neyesithathu uHarimi, neyesine uSehorimi,

9neyesihlanu uMalikhiya, neyesithupha uMijamini,

10 neyesikhombisa uHakhosi, neyesishiyagalombili u-Abiya,

11neyesishiyagalolunye uJeshuwa, neyeshumi uShekaniya,

12neyeshumi nanye u-Eliyashibi, neyeshumi nambili uJakimi,

13neyeshumi nantathu uHupha, neyeshumi nane uJeshebeyabe,

14neyeshumi nanhlanu uBiliga, neyeshumi nesithupha u-Imeri,

15neyeshumi nesikhombisa uHeziri, neyeshumi nesishiyagalombili uHaphisesi,

16neyeshumi nesishiyagalolunye uPhethahiya, neyamashumi amabili uJehezekeli,

17neyamashumi amabili nanye uJakini, neyamashumi amabili nambili uGamuli,

18neyamashumi amabili nantathu uDelaya, neyamashumi amabili nane uMahaziya.

19Lezo zaziyizigaba zabo njengenkonzo yabo ukuba bangene endlini kaJehova njengomthetho ababewunikwe ngesandla sika-Aroni uyise, njengalokho uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ebemyalile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Abaseleyo emadodaneni kaLevi babe yilaba: emadodaneni ka-Amramu nguShubayeli; emadodaneni kaShubayeli nguJehedeya.

[21]KuRehabiya: emadodaneni kaRehabiya: nguJishiya inhloko.

[22]KumaJisihari: nguShelomoti; emadodaneni kaShelomoti: nguJahati.

[23] Amadodana kaHebroni: nguJeriya inhloko, no-Amariya owesibili, noJahaziyeli owesithathu, noJekameyamu owesine.

[24]Amadodana ka-Uziyeli: nguMika; emadodaneni kaMika: nguShamiri.

[25]Umfowabo kaMika: nguJishiya; emadodaneni kaJishiya: nguZakariya.

[26]Amadodana kaMerari: ngoMaheli noMushi; amadodana kaJahaziya: nguBeno.

[27]Amadodana kaMerari: ngoJahaziya, noBeno, noShohamu, noZakuri, no-Ibiri.

[28]KuMaheli: ngu-Eleyazare, owayengenabantwana.

[29]KuKishi, kungamadodana kaKishi: nguJerameli.

[30]Amadodana kaMushi: ngoMaheli, no-Edere, noJerimoti. Yilabo ababe ngamadodana amaLevi ngezindlu zawoyise.

[31] Nalabo benza inkatho njengabafowabo, amadodana ka-Aroni, ebusweni bukaDavide inkosi, noSadoki, no-Ahimeleki, nezinhloko zawoyise babapristi namaLevi, inhloko yawoyise njengomfowabo omncane.

## 1 iziKronike 25

### Izigaba zabahlabeleli basethempelini

[1]UDavide nezinduna zempi base bahlukanisela inkonzo amanye amadodana ka-Asafa, nakaHemani, nakaJeduthuni, ayeyakuprofetha ngamahabhu, nangezingubhu, nangamasimbali; umumo wabantu balo msebenzi wenkonzo wawunje:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2emadodaneni ka-Asafa: ngoZakuri, noJosefa, noNethaniya, no-Asharela, amadodana ka-Asafa, phansi kwezandla zika-Asafa owaprofetha ngezandla zenkosi.

3KuJeduthuni: amadodana kaJeduthuni: ngoGedaliya, noSeri, noJeshaya, noShimeyi, noHashabiya, noMatithiya, bebayisithupha, phansi kwezandla zikayise uJeduthuni owaprofetha ngehabhu ngokubonga nangokudumisa uJehova.

4KuHemani: amadodana kaHemani: ngoBukiya, noMathaniya, no-Uziyeli, noShebuweli, noJerimoti, noHananiya, noHanani, no-Eliyatha, noGidaliti, noRomamiti Ezeri, noJoshibekasha, noMaloti, noHothiri, noMahaziyoti;

5bonke labo babe ngamadodana kaHemani umboni wenkosi ngamazwi kaNkulunkulu okuphakamisa uphondo lwakhe; uNkulunkulu wamnika uHemani amadodana ayishumi nane namadodakazi amathathu.

6Onke lawo ayephansi kwezandla zikayise ekuhlabeleleni endlini kaJehova ngamasimbali, nangezingubhu, nangamahabu enkonzweni yasendlini kaNkulunkulu, o-Asafa noJeduthuni noHemani bephansi kwezandla zenkosi.

7Umumo wabo kanye nabafowabo ababefundisiwe ukuhlabelela kuJehova nabayizazi wawungamakhulu amabili namashumi ayisishiyagalombili nesishiyagalombili.

8 Benza inkatho ngenkonzo, omunye ngomunye, omncane njengomkhulu, isazi nomfundi.

9Inkatho yokuqala yadla uJosefa ka-Asafa, neyesibili uGedaliya; yena nabafowabo namadodana akhe babe yishumi nambili;

10eyesithathu uZakuri, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

11eyesine uJisiri, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

12eyesihlanu uNethaniya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

13eyesithupha uBukiya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14eyesikhombisa uJesharela, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

15eyesishiyagalombili uJeshaya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

16eyesishiyagalolunye uMathaniya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

17eyeshumi uShimeyi, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

18eyeshumi nanye u-Azareli, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

19eyeshumi nambili uHashabiya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

20eyeshumi nantathu uShubayeli, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

21eyeshumi nane uMatithiya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

22eyeshumi nanhlanu uJeremoti, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

23eyeshumi nesithupha uHananiya, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

24eyeshumi nesikhombisa uJoshibekasha, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

25eyeshumi nesishiyagalombili uHanani, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

26eyeshumi nesishiyagalolunye uMaloti, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

27eyamashumi amabili u-Eliyatha, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28eyamashumi amabili nanye uHothiri, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

29eyamashumi amabili nambili uGidaliti, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

30eyamashumi amabili nantathu uMahaziyoti, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili;

31eyamashumi amabili nane uRomamiti Ezeri, namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nambili.

## 1 iziKronike 26

### Izigaba zabalindisango nabaphathi bengcebo yethempeli, nezinduna, nabahluleli

1Izigaba zabalindisango zaziyilezi: kumaKorahi: nguMeshelemiya indodana kaKore emadodaneni ka-Asafa.

2UMeshelemiya wayenamadodana: nguZakariya izibulo, noJediyayeli owesibili, noZebadiya owesithathu, noJatiniyeli owesine,

3no-Elamu owesihlanu, noJehohanani owesithupha, no-Eliyohenayi owesikhombisa.

4U-Obede Edomi wayenamadodana: nguShemaya izibulo, noJehozabadi owesibili, noJowa owesithathu, noSakari, owesine, noNethaneli owesihlanu,

5no-Amiyeli owesithupha, no-Isakare owesikhombisa, noPhewuletayi owesishiyagalombili, ngokuba uNkulunkulu wambusisa.

6Naye uShemaya indodana yakhe wazalelwa amadodana ayebusa indlu kayise, ngokuba ayengamaqhawe anamandla.

7Amadodana kaShemaya: ngo-Othini, noRefayeli, no-Obede, no-Elizabadi, nabafowabo ababe ngamadoda anamandla, o-Elihu noSemakiya.

8Bonke labo babe ngamadodana ka-Obede Edomi, bona namadodana abo nabafowabo, amadoda aqinileyo anamandla enkonzweni, engamashumi ayisithupha nambili ka-Obede Edomi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9UMeshelemiya wayenamadodana nabafowabo, amadoda anamandla,
eyishumi nesishiyagalombili.

10Naye uHosa wabantwana bakwaMerari wayenamadodana: nguShimri
inhloko noma wayengesilo izibulo, uyise wambeka waba yinhloko

11noHilikiya owesibili, noThebaliya owesithathu, noZakariya owesine; onke
amadodana nabafowabo bakaHosa babe yishumi nantathu.

12Lezo zigaba zabalindisango, izinhloko zabantu, zaba nemfanelo yazo
njengabafowabo ukukhonza endlini kaJehova.

13 Benza inkatho yesango ngesango, omncane njengomkhulu, ngezindlu
zawoyise.

14Inkatho yasempumalanga yadla uShelemiya. Base benza inkatho
ngoZakariya indodana yakhe, umluleki ohlakaniphileyo; wadliwa yinkatho
yasenyakatho.

15Eyaseningizimu yadla u-Obede Edomi namadodana akhe ukulinda
inqolobane,

16eyasentshonalanga oShuphimi noHosa ngasesangweni laseShaleketi,
ngasemendweni owenyukayo, abalindi ngabalindi.

17Ngasempumalanga ayekhona amaLevi ayisithupha, ngasenyakatho emane
ngosuku, ngaseningizimu emane ngosuku, nasenqolobaneni emabili
ngamabili.

18 EParibari ngasentshonalanga ayemane emendweni, naseParibari uqobo
ayemabili.

19Yilezo ezaziyizigaba zabalindisango emadodaneni amaKorahi
nasemadodaneni kaMerari.

20KumaLevi u-Ahiya wayephethe ingcebo yendlu kaNkulunkulu nengcebo
yezinto ezingcwele.

21 Amadodana kaLadani, amadodana kaGereshoni akwaLadani, izinhloko
zawoyise zakwaLadani umGereshoni, amaJehiyeli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22amadodana amaJehiyeli, oZethamu noJoweli umfowabo, ayephethe ingcebo endlini kaJehova.

23Kuma-Amramu, nakumaJisihari, nakumaHebroni, nakuma-Uziyeli,

24 uShebuweli indodana kaGereshomu kaMose wayengumphathisikhwama.

25 Abafowabo: ku-Eliyezeri: nguRehabiya indodana yakhe, noJeshaya indodana yakhe, noJoramu indodana yakhe, noZikiri indodana yakhe, noShelomoti indodana yakhe.

26Yena uShelomoti nabafowabo babephethe yonke ingcebo yezinto ezingcwele ezangcweliswa nguDavide inkosi, nezinhloko zawoyise, nezinduna zezinkulungwane nezamakhulu, nezinduna zempi.

27 Empini nasempangweni bakungcwelisela ukulungisa indlu kaJehova,

28 kanye nakho konke uSamuweli umboni, noSawule indodana kaKishi, no-Abineri indodana kaNeri, noJowabe indodana kaSeruya ababekungcwelisile; yilowo nalowo owayengcwelisile okuthile, kwaba phansi kwesandla sikaShelomoti nabafowabo.

29KumaJisihari uKhenaniya namadodana akhe babephethe umsebenzi ongaphandle kwa-Israyeli, beyizinduna nabahluleli.

30KumaHebroni uHashabiya nabafowabo, amaqhawe anamandla, beyinkulungwane namakhulu ayisikhombisa, babe ngababonisi kwa-Israyeli phesheya kweJordani ngasentshonalanga emsebenzini wonke kaJehova nasenkonzweni yenkosi.

31KumaHebroni uJeriya wayeyinhloko, kumaHebroni njengezizukulwane zawo ngezindlu zawoyise. Ngomnyaka wamashumi amane wokubusa kukaDavide kwafunwa, kwafunyanwa phakathi kwawo amaqhawe anamandla eJazeri kwaGileyadi.

32Abafowabo, amaqhawe anamandla, babe yizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisikhombisa, izinhloko zawoyise, ezenziwa ababonisi phezu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kwabakwaRubeni nabakwaGadi nenxenye yesizwe sabakwaManase ezindabeni zonke zikaNkulunkulu nasezindabeni zenkosi.

## 1 iziKronike 27

**Izinduna zempi nezezizwe. Ababonisi bengcebo namazwe enkosi. Ezinye izinduna**

1 Nampa abantwana bakwa-Israyeli ngomumo wabo, izinhloko zawoyise, nezinduna zezinkulungwane nezamakhulu, nezinduna zabo ezazikhonza inkosi kukho konke okwezigaba, ezazingena, ziphuma inyanga ngenyanga ezinyangeni zonke zomnyaka; kuleso naleso sigaba zazikhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

2 Phezu kwesigaba sokuqala ngenyanga yokuqala kwakunguJashobehamu indodana kaZabidiyeli; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

3 Wayengowabantwana bakwaPheresi, inhloko yazo zonke izinduna zempi ngenyanga yokuqala.

4 Phezu kwesigaba senyanga yesibili kwakunguDodayi umAhohi nesigaba sakhe; kwakukhona nombusi uMikiloti; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

5 Induna yesithathu yempi ngenyanga yesithathu kwakunguBenaya indodana kaJehoyada umpristi, inhloko; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

6 Nguye lowo Benaya owayeyiqhawe labangamashumi amathathu nowayephezu kwamashumi amathathu; owesigaba sakhe kwakungu-Amizabadi indodana yakhe.

7 Eyesine ngenyanga yesine kwakungu-Asaheli umfowabo kaJowabe noZebadiya indodana yakhe emva kwakhe; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

8 Eyesihlanu ngenyanga yesihlanu kwakunguShamhuti umJizirahi; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Eyesithupha ngenyanga yesithupha kwakungu-Ira indodana ka-Ikheshi
waseThekhowa; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane
ezingamashumi amabili nane.

10Eyesikhombisa ngenyanga yesikhombisa kwakunguHelesi umPheloni
wabantwana bakwa-Efrayimi; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane
ezingamashumi amabili nane.

11 Eyesishiyagalombili ngenyanga yesishiyagalombili kwakunguSibekayi
umHushati kumaZera; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane
ezingamashumi amabili nane.

12Eyesishiyagalolunye ngenyanga yesishiyagalolunye kwakungu-Abiyezeri
umAnathoti wabakwaBenjamini; esigabeni sakhe kwakukhona
izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

13Eyeshumi ngenyanga yeshumi kwakunguMaharayi waseNethofa kumaZera;
esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili nane.

14Eyeshumi nanye ngenyanga yeshumi nanye kwakunguBenaya umPirathoni
wabantwana bakwa-Efrayimi; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane
ezingamashumi amabili nane.

15Eyeshumi nambili ngenyanga yeshumi nambili kwakunguHelidayi
waseNethofa ka-Otheniyeli; esigabeni sakhe kwakukhona izinkulungwane
ezingamashumi amabili nane.

16Phezu kwezizwe zakwa-Israyeli kwakuyilaba: kwabakwaRubeni u-Eliyazeri
indodana kaZikiri wayengumbusi; kwabakwaSimeyoni nguShefathiya
indodana kaMahakha;

17kuLevi nguHashabiya indodana kaKemuweli; ku-Aroni nguSadoki;

18kuJuda ngu-Elihu wabafowabo bakaDavide; ku-Isakare ngu-Omri indodana
kaMikayeli;

19kuZebuloni ngu-Ishmaya indodana ka-Obadiya; kuNafetali nguJeremoti
indodana ka-Aziriyeli;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20kubantwana bakwa-Efrayimi nguHosheya indodana ka-Azaziya; enxenyeni yesizwe sakwaManase nguJoweli indodana kaPhedaya;

21enxenyeni kaManase wakwaGileyadi ngu-Ido indodana kaZakariya; kuBenjamini nguJahasiyeli indodana ka-Abineri;

22kuDani ngu-Azareli indodana kaJerohamu. Yilabo ababe yizinduna zezizwe zakwa-Israyeli.

23 Kepha uDavide akabalanga umumo waba neminyaka engamashumi amabili nabangaphansi, ngokuba uJehova wayeshilo ukuthi uyakwandisa u-Israyeli ukuba abe ngangezinkanyezi zezulu.

24 UJowabe indodana kaSeruya waqala ukubala, kepha akaqedanga; kwaba khona ulaka ngalokho phezu kuka-Israyeli, nomumo awufakwanga encwadini yezindaba zemihla ngemihla yenkosi uDavide.

25U-Azimaveti indodana ka-Adiyeli wayephethe ingcebo yenkosi; uJonathani indodana ka-Uziya wayephethe izinto emasimini, nasemizini, nasemizaneni, nasezinqabeni;

26u-Eziri indodana kaKelubi wayephethe abenza umsebenzi wasendle wokulima umhlabathi;

27uShimeyi waseRama wayephethe izivini; uZabidi waseShefamu wayephethe iwayini elibekelelweyo lithathwe ezivinini;

28uBali Hanani umGederi wayephethe iminqumo nemikhiwane eyayisehlanzeni; uJowashi wayephethe imigodi yamafutha;

29imihlambi eyayiklaba eSharoni yayiphethwe nguShitirayi umSharoni, nemihlambi eyayisezigodini yayiphethwe nguShafati indodana ka-Adilayi;

30u-Obili wakwa-Ishmayeli wayephethe amakamela; uJehedeya umMeronoti wayephethe izimbongolo;

31uJazizi umHagiri wayephethe izimvu. Bonke labo babe yizinduna zemfuyo yenkosi uDavide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32UJonathani, uyisekazi kaDavide, wayengumluleki, wayengumuntu ohlakaniphileyo nombhali; uJehiyeli indodana kaHakimoni wayenamadodana enkosi;

33 u-Ahithofeli wayengumluleki wenkosi; uHushayi umArki wayengumngane wenkosi;

34 emva kuka-Ahithofeli kwakunguJehoyada indodana kaBenaya no-Abiyathara; uJowabe wayeyinduna yempi yenkosi.

## 1 iziKronike 28

### Inkulumo kaDavide ngethempeli

1UDavide wabutha zonke izikhulu zakwa-Israyeli, izikhulu zezizwe, nezinduna zezigaba ezazikhonza inkosi, nezinduna zezinkulungwane nezamakhulu, nezinduna zayo yonke imfuyo yenkosi neyamadodana ayo, nezinduna zendlunkulu, namaqhawe, nawo onke amadoda anamandla eJerusalema.

2 UDavide inkosi wayesema ngezinyawo, wathi: Ngizweni, bafowethu nabantu bakwethu: mina-ke, kwakusenhliziyweni yami ukwakhela umphongolo wesivumelwano sikaJehova indlu yokuphumula neyesenabelo sikaNkulunkulu wethu; ngangizilungiselele ukwakha.

3Kepha wayesethi uNkulunkulu kimi: Awuyikwakhela igama lami indlu, ngokuba uyindoda yempi, uchithile igazi.

4 Kodwa uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli wangikhetha endlini yonke kababa ukuba ngibe yinkosi kwa-Israyeli kuze kube phakade; ngokuba ukhethile uJuda ukuba abe ngumbusi, nasendlini kaJuda indlu kababa, naphakathi kwamadodana kababa wangenamela mina ukuba angibeke inkosi kwa-Israyeli wonke,

5 nasemadodaneni ami onke, ngokuba uJehova ungiphe amadodana amaningi, ukhethe uSolomoni indodana yami ukuba ahlale esihlalweni sobukhosi sombuso kaJehova kwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Wathi kimi: USolomoni indodana yakho nguye oyakwakha indlu yami namagceke ami, ngokuba ngimkhethile ukuba abe yindodana yami, mina ngibe nguyise.

7Ngiyakuqinisa umbuso wakhe kuze kube phakade, uma eqinisela ukwenza imiyalo yami nezahlulelo zami njenganamuhla.

8 Ngalokho emehlweni abo bonke abakwa-Israyeli, ibandla likaJehova, nasezindlebeni zikaNkulunkulu wethu funani nigcine yonke imiyalo kaJehova uNkulunkulu wenu ukuba nidle leli zwe elihle, nilishiye libe yifa labantwana benu emva kwenu kuze kube phakade.

9 Wena Solomoni, ndodana yami, yazi uNkulunkulu kayihlo, umkhonze ngenhliziyo epheleleyo nangenhliziyo ethokozayo, ngokuba uJehova uhlola izinhliziyo zonke, uqonda zonke izizindlo zemicabango; uma umfuna, uyakufunyanwa nguye; kepha uma umshiya, uyakukulahla kuze kube phakade.

10Bheka manje, ngokuba uJehova ekukhethile ukwakha indlu ibe yindlu engcwele, qina, ukwenze.

11UDavide wamnika uSolomoni indodana yakhe isifanekiso sompheme nesezindlu zethempeli, nesengcebo yalo, nesamakamelo alo aphezulu, nesamakamelo alo angaphakathi, nesendlu yesihlalo somusa;

12nesifanekiso sakho konke ayenakho emicabangweni yakhe ngamagceke endlu kaJehova, nangamakamelo nxazonke, nangengcebo yendlu kaNkulunkulu, nangengcebo yezinto ezingcwele;

13nangezigaba zabapristi nezamaLevi, nangawo wonke umsebenzi wenkonzo yendlu kaJehova, nangazo zonke izitsha zenkonzo endlini kaJehova;

14nangegolide isisindo segolide lezinto zonke zezinkonzo ngezinkonzo, nangezinto zonke zesiliva isisindo sazo, zonke izinto zezinkonzo ngezinkonzo;

15nangesisindo sezinti zezibani zegolide kanye nezibani zazo zegolide, nesisindo salolo nalolo luthi lwesibani kanye nezibani zalo, nangesezinti

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

zesiliva isisindo sothi kanye nezibani zalo njengomsebenzi walolo nalolo luthi;

16nangesisindo segolide lamatafula ezinkwa zokubukwa, amatafula ngamatafula, nangesiliva lamatafula esiliva;

17nangezingwegwe zenyama, nangezinkamba, nangezitsha zegolide elicwengekileyo, nangezindebe zonke zegolide, isisindo saleso naleso sitsha;

18 nange-altare lempepho legolide elicwengekileyo isisindo salo, nesifanekiso senqola, namakherubi egolide ayelula amaphiko awo, asibekela umphongolo wesivumelwano sikaJehova.

19 Konke lokho, washo uDavide, ngikuqondisiwe ngokubhalwe ngesandla sikaJehova, yebo, wonke umsebenzi walesi sifanekiso.

20 Wayesethi uDavide kuSolomoni indodana yakhe: Qina, ume isibindi, ukwenze; ungesabi, ungabi naluvalo, ngokuba uJehova uNkulunkulu, yebo, uNkulunkulu wami, unawe; akayikukuyeka, akayikukushiya uze uphele wonke umsebenzi wenkonzo yendlu kaJehova.

21Nazi izigaba zabapristi nezamaLevi zazo zonke izinkonzo zendlu kaNkulunkulu; kuyakuba nawe emsebenzini wonke abantu abazinikela ngenhliziyo naba yizingcweti ezinkonzweni zonke; nezikhulu nabantu bonke bayakulalela konke okukhulumayo.

## 1 iziKronike 29

### Iminikelo kaDavide neyezikhulu ilethwa ethempelini

1 UDavide inkosi wathi kulo lonke ibandla: USolomoni indodana yami, oyedwa uNkulunkulu amkhethileyo, usengumfana, usathambile, nomsebenzi mkhulu, ngokuba ithempeli alisilo elomuntu kepha ngelikaJehova uNkulunkulu.

2 Sengilungisele indlu kaNkulunkulu wami ngamandla ami onke igolide lokwegolide, nesiliva lokwesiliva, nethusi lokwethusi, nensimbi yokwensimbi, nemithi yokwemithi, namatshe amashohamu nawokufakwa, namatshe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ahlobisayo nanemibala eyahlukeneyo, nezinhlobo zonke zamatshe ayigugu, namatshe amhlophe amaningi.

3Futhi njengokuba ngiyenamela indlu kaNkulunkulu wami, nginengcebo yegolide nesiliva, ngiyanika indlu kaNkulunkulu wami yona phezu kwakho konke engikulungisele indlu engcwele,

4amatalenta ayizinkulungwane ezintathu egolide, igolide lase-Ofiri, namatalenta ayizinkulungwane eziyisikhombisa esiliva elicwengekileyo ukunameka ngalo izindonga zezindlu,

5 igolide lokwegolide, isiliva lokwesiliva, yebo, kuwo wonke umsebenzi wezandla zezingcweti. Ngubani, pho, othokozela namuhla ukuzahlukanisela uJehova na?

6 Zase zinikela ngenhliziyo izikhulu zawoyise, nezikhulu zezizwe zakwa-Israyeli, nezinduna zezinkulungwane nezamakhulu kanye nezinduna zomsebenzi wenkosi;

7zanikela enkonzweni yendlu kaNkulunkulu amatalenta ayizinkulungwane eziyisihlanu egolide, namadarike ayizinkulungwane eziyishumi, namatalenta ayizinkulungwane eziyishumi esiliva, namatalenta ayizinkulungwane eziyishumi nesishiyagalombili ethusi, namatalenta ayizinkulungwane eziyikhulu ensimbi.

8 Ababe namatshe bawanikela engcebeni yendlu kaJehova phansi kwesandla sikaJehiyeli umGereshoni.

9Abantu bajabula ngokunikela kwabo ngenhliziyo, ngokuba banikela ngenhliziyo epheleleyo kuJehova; naye uDavide inkosi wajabula ngokujabula okukhulu.

### Ukubonga nokukhuleka kukaDavide

10UDavide wayesebonga uJehova phambi kwebandla lonke; uDavide wathi: Mawubongwe wena Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli ubaba kuze kube phakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Ngobakho, Jehova, ubukhulu, namandla, nodumo, nenkazimulo, nobukhosi, ngokuba konke okusezulwini nasemhlabeni kungokwakho; ngowakho umbuso, Jehova; wena uphakeme, uyinhloko phezu kwakho konke.

12 Ingcebo nenkazimulo kuvela kuwe, wena ubusa phezu kwakho konke; esandleni sakho kukhona amandla nezikhwepha, esandleni sakho kukhona ukukhulisa nokunika bonke amandla.

13 Ngalokho, Nkulunkulu wethu, siyakubonga, siyadumisa igama lakho elitusekayo.

14 Ngokuba ngingubani mina, nabantu bami, bayini ukuba sibe namandla okunikela ngenhliziyo engaka na? Ngokuba konke kuvela kuwe, nokuvela esandleni sakho lokhu sikunike wena.

15 Ngokuba singabafokazi phambi kwakho nezihambi njengabo bonke obaba; izinsuku zethu emhlabeni zinjengethunzi, nethemba alikho.

16 Jehova Nkulunkulu wethu, zonke lezi zinto esizilungisele ukwakhela igama lakho elingcwele indlu zivela esandleni sakho, zonke zingezakho.

17 Ngiyazi, Nkulunkulu wami, ukuthi uhlola inhliziyo, uthanda ubuqotho. Mina-ke ngobuqotho benhliziyo yami nginikele ngokuthokoza zonke lezi zinto, futhi sengibonile ngokujabula abantu bakho abakhona lapha ukuthi nabo banikele kuwe ngokuthokoza.

18 Jehova, Nkulunkulu ka-Abrahama noka-Isaka noka-Israyeli, obaba, gcina lokhu njalo ezizindlweni zemicabango yenhliziyo yabantu bakho, uqondisele inhliziyo yabo kuwe,

19 unike uSolomoni indodana yami inhliziyo epheleleyo ukuba agcine imiyalo yakho, nobufakazi bakho, nezimiso zakho, nokwenza konke lokhu, nokwakha ithempeli engililungiseleyo.

20 UDavide wathi kulo lonke ibandla: Ake nibonge uJehova uNkulunkulu wenu. Lonke ibandla lambonga uJehova uNkulunkulu wawoyise, lakhothama, lakhuleka kuJehova nasenkosini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[21]Bamhlabela uJehova imihlatshelo, banikela ngeminikelo yokushiswa kuJehova ngangomuso emva kwalolo suku, izinkunzi eziyinkulungwane, nezinqama eziyinkulungwane, namawundlu ayinkulungwane kanye neminikelo yakho yokuphuzwa, nemihlatshelo eminingi ngo-Israyeli wonke;

[22]badla, baphuza phambi kukaJehova ngalolo suku ngokuthokoza okukhulu. Bambeka uSolomoni indodana kaDavide inkosi ngokwesibili, bamgcobela uJehova ukuba abe ngumholi, uSadoki abe ngumpristi.

[23]USolomoni wayesehlala esihlalweni sobukhosi sikaJehova njengenkosi esikhundleni sikaDavide uyise, waba nenhlanhla; wonke u-Israyeli wamlalela.

[24]Zonke izikhulu, namaqhawe, nawo onke amadodana enkosi uDavide bazithoba phansi kukaSolomoni inkosi.

[25] UJehova wamkhulisa uSolomoni kakhulu emehlweni abo bonke abakwa-Israyeli, wamnika udumo lobukhosi olungazange lube khona nakuyiphi inkosi yakwa-Israyeli phambi kwakhe.

### Ukufa kukaDavide

[26]UDavide indodana kaJese wayebusile phezu kwabo bonke abakwa-Israyeli.

[27] Isikhathi abusa ngaso phezu kuka-Israyeli sasiyiminyaka engamashumi amane; iminyaka eyisikhombisa wabusa eHebroni, nengamashumi amathathu nantathu wabusa eJerusalema.

[28]Wafa esemdala, esanelisiwe yizinsuku nengcebo nodumo; uSolomoni indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

[29] Izenzo zikaDavide inkosi, ezokuqala nezokugcina, bheka, zilotshiwe encwadini yezindaba zikaSamuweli umboni, nasencwadini yezindaba zikaNathani umprofethi, nasencwadini yezindaba zikaGadi umboni,

[30]kanye nakho konke ukubusa kwakhe, namandla akhe, nezehlo ezamehlelayo yena no-Israyeli, kanye nayo yonke imibuso namazwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# 2 iziKronike

## 2 iziKronike 1

### Umnikelo nephupho likaSolomoni eGibeyoni. Izinqola namahhashi akhe

1 USolomoni indodana kaDavide waqiniswa ebukhosini bakhe; uJehova uNkulunkulu wakhe wayenaye, wamkhulisa kakhulu.

2 USolomoni wakhuluma kuye wonke u-Israyeli, nakuzo izinduna zezinkulungwane nezamakhulu, nakubahluleli, nakuzo zonke izikhulu kwa-Israyeli wonke, izinhloko zawoyise.

3 Wahamba uSolomoni, nebandla lonke linaye, waya endaweni ephakemeyo yaseGibeyoni, ngokuba kwakukhona lapho itende lokuhlangana likaNkulunkulu elalenziwe nguMose inceku kaJehova ehlane.

4 Kepha umphongolo kaNkulunkulu uDavide wayewukhuphulile eKiriyati Jeharimi, wawuyisa endaweni uDavide ayewulungisele yona, ngokuba wayewumisele itende eJerusalema.

5 Futhi i-altare lethusi elalenziwe nguBesaleli indodana ka-Uri kaHure lalilapho phambi kwetabernakele likaJehova; uSolomoni nebandla baya ukubuza kulo.

6 USolomoni wanikela khona phambi kukaJehova e-altare lethusi elalingasetendeni lokuhlangana, wanikela ngeminikelo eyinkulungwane yokushiswa phezu kwalo.

7 Ngalobo busuku uNkulunkulu wabonakala kuSolomoni, wathi kuye: Cela lokhu othanda ukuba ngikunike khona.

8 Wayesethi uSolomoni kuNkulunkulu: Umenzele uDavide ubaba umusa omkhulu, wangibeka inkosi esikhundleni sakhe.

9 Ngalokho, Jehova Nkulunkulu, maliqiniswe izwi lakho kuDavide ubaba, ngokuba ungibeke inkosi phezu kwabantu abangangothuli lomhlabathi ngobuningi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

10 Ngiphe manje ukuhlakanipha nokwazi ukuba ngiphume, ngingene phambi kwalabo bantu, ngokuba ngubani ongahlulela labo bantu bakho abakhulu kangaka na?

11 Wayesethi uNkulunkulu kuSolomoni: Ngenxa yokuba lokho kwakusenhliziyweni yakho, ungacelanga ingcebo, nemfuyo, nodumo, nokuphila kwabakuzondayo, futhi ungacelanga imihla eminingi, kepha wazicelela ukuhlakanipha nokwazi ukuba wahlulele abantu bami engikubeke inkosi phezu kwabo,

12 uyakuphiwa ukuhlakanipha nokwazi; ngiyakukunika nengcebo, nemfuyo, nodumo, angazange abe nakho okungako amakhosi ayengaphambi kwakho, nalandelayo emva kwakho awayikuba nakho.

13 USolomoni wayesesuka endaweni ephakemeyo yaseGibeyoni etendeni lokuhlangana, waya eJerusalema; wabusa phezu kuka-Israyeli.

14 USolomoni wabutha izinqola nabamahhashi; wayenezinqola eziyinkulungwane namakhulu amane nabamahhashi abayizinkulungwane eziyishumi nambili, owakubeka emizini yezinqola nasenkosini eJerusalema.

15 Inkosi yenza isiliva negolide kuvame eJerusalema njengamatshe, nemisedari yayenza ibe njengemithombe esigodini ngobuningi.

16 Amahhashi uSolomoni ayenawo ayekhishwe eGibithe; abathengi benkosi bawamukela ngamadlanzi, yilelo nalelo dlanzi ngentengo yalo.

17 Bakhuphula, bakhipha eGibithe inqola ngamashekeli angamakhulu ayisithupha esiliva, nehhashi ngayikhulu namashumi ayisihlanu; bawakhiphela kanjalo onke amakhosi amaHeti namakhosi ase-Aramu ngezandla zabo.

## 2 iziKronike 2

### USolomoni ulungisela ukwakha ithempeli

1 USolomoni wahlosa ukwakhela igama likaJehova indlu kanye nendlu yombuso wakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 USolomoni wabala abantu abayizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa ukuba bathwale imithwalo, nabantu abayizinkulungwane eziyishiyagalombili ukuba babe ngababazi bamatshe ezintabeni, nezinkulungwane ezintathu namakhulu ayisithupha ukubabonisa.

3 USolomoni wathumela kuHiramu inkosi yaseTire, wathi: Njengalokho wakwenza kuDavide ubaba, wathuma kuye imisedari, azakhele ngayo indlu ukuba ahlale kuyo, yenze njalo nakimi.

4 Bheka, ngiyakhela igama likaJehova uNkulunkulu wami indlu ukuba ngimngcwelisele yona, ngishise phambi kwakhe impepho ethaphukayo, kubekwe njalo izinkwa zokubukwa, kunikelwe ngeminikelo yokushiswa ekuseni nakusihlwa ngamasabatha, nangokwethwasa kwenyanga, nangemikhosi emisiweyo kaJehova uNkulunkulu wethu. Lokhu kungumthetho kwa-Israyeli kuze kube phakade.

5 Indlu engiyakuyakha iyakuba nkulu, ngokuba mkhulu uNkulunkulu wethu phezu kwabo bonke onkulunkulu.

6 Kodwa ngubani onamandla okumakhela indlu, lokhu izulu nezulu lamazulu lingemanele na? Pho, mina ngingubani ukuba ngimakhele indlu, ukuze kushiswe impepho phambi kwakhe na?

7 Ngalokho mawuthume kimi umuntu oyingcweti yokusebenza ngegolide, nangesiliva, nangethusi, nangensimbi, nangokububende, nangokubomvu, nangokuluhlaza, owazi ukuqopha yonke imiqopho kanye nezingcweti ezinami kwaJuda naseJerusalema, ezamiswa nguDavide ubaba.

8 Ngithumele futhi imisedari, nemisayipuresi, nemi-alimugi evela eLebanoni, ngokuba ngiyazi ukuthi izinceku zakho ziyakwazi ukugawula imithi eLebanoni; bheka, izinceku zami ziyakuba nezinceku zakho

9 ukungilungisela imithi eminingi, ngokuba indlu engiyakuyakha iyakuba nkulu ngokumangalisayo.

10 Bheka, ngiyakunika izinceku zakho, abagawuli abagawula imithi, amakhora ayizinkulungwane ezingamashumi amabili kakolweni obhuliweyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

namakhora ayizinkulungwane ezingamashumi amabili ebhali, namabhati ayizinkulungwane ezingamashumi amabili ewayini, namabhati ayizinkulungwane ezingamashumi amabili amafutha.

11 UHiramu inkosi yaseTire waphendula ngokuloba, wakuthuma kuSolomoni, wathi: Ngokuba uJehova uyathanda abantu bakhe, ukubeke inkosi phezu kwabo.

12 UHiramu wathi futhi: Makabongwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli owenza izulu nomhlaba, nowanika uDavide inkosi indodana ehlakaniphileyo, enolwazi nengqondo, eyakwakhela uJehova indlu nendlu yombuso wakhe.

13 Manje sengithumile umuntu ohlakaniphileyo nonolwazi, uHiramu Abi,

14 indodana yowesifazane wamadodakazi akwaDani; uyise wayengumuntu waseTire, owayekwazi ukusebenza ngegolide, nangesiliva, nangethusi, nangensimbi, nangamatshe, nangemithi, nangokububende, nangokuluhlaza, nangelineni elicolekileyo, nangokubomvu, nangokuqopha imiqopho yonke, nangokuqamba yonke imisebenzi yobungcweti, ukuba anikwe indawo kanye nezingcweti zakho nezingcweti zenkosi yami uDavide uyihlo.

15 Ngalokho ukolweni, nebhali, namafutha, newayini, inkosi yami ekhulume ngakho, mayikuthume kuzo izinceku zayo.

16 Thina siyakugawula imithi eLebanoni njengokuswela konke kwakho, siyiyise kuwe eJopha elwandle ngezihlenga, wena uyikhuphulele eJerusalema.

17 USolomoni wabala bonke abezizwe ababesezweni lakwa-Israyeli ngokubalwa uDavide uyise ayebabalile ngakho; kwafumaniseka ukuthi babe yizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisihlanu nezinkulungwane ezintathu namakhulu ayisithupha.

18 Kubona wamisa izinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa ukuba bathwale imithwalo, nezinkulungwane ezingamashumi ayisishiyagalombili ukuba babe ngababazi ezintabeni, nezinkulungwane ezintathu namakhulu ayisithupha ukuba babe ngababonisi bokusebenzisa abantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

## 2 iziKronike 3

### Indlu yethempeli

1 USolomoni wayeseqala ukwakha indlu kaJehova eJerusalema entabeni yaseMoriya, lapho uJehova abonakala khona kuDavide uyise, nalapho eselungisile khona endaweni kaDavide esibuyeni sika-Orinani umJebusi.

2 Waqala ukwakha ngolwesibili lwenyanga yesibili ngomnyaka wesine wokubusa kwakhe.

3 Yilesi isisekelo uSolomoni asibekela ukuba kwakhiwe indlu kaNkulunkulu: ubude ngezingalo zesilinganiso esidala babuyizingalo ezingamashumi ayisithupha, ububanzi babuyizingalo ezingamashumi amabili.

4 Umpheme owawuphambi kwendlu ende malungana nobubanzi bendlu wawuyizingalo ezingamashumi amabili, nokuphakama kwakuyikhulu namashumi amabili; wawunameka phakathi ngegolide elicwengekileyo.

5 Indlu enkulu wayembesa imisayipuresi, wayinameka ngegolide elihle, waqopha kulo amasundu namaketanga.

6 Wayihlobisa indlu ngamatshe ayigugu ukuze ivunuliswe; igolide laliyigolide laseParivayimi.

7 Wanameka nendlu, nemishayo, nemibundu, nezindonga zayo, neminyango yayo ngegolide, waqopha amakherubi ezindongeni.

8 Wenza indlu engcwelengcwele; yayimalungana nobubanzi bendlu; ubude bayo babuyizingalo ezingamashumi amabili, nobubanzi bayo babuyizingalo ezingamashumi amabili; wayinameka ngegolide elihle, lingamatalenta angamakhulu ayisithupha.

9 Isisindo sezipikili sasingamashekeli angamashumi ayisihlanu egolide. Amakamelo angaphezulu wawanameka ngegolide.

10 Endlini engcwelengcwele wenza amakherubi amabili aqoshiweyo; bawanameka ngegolide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Amaphiko amakherubi ayeyizingalo ezingamashumi amabili; iphiko lelinye laliyizingalo eziyisihlanu, lathinta odongeni lwendlu; elinye iphiko nalo laliyizingalo eziyisihlanu, lathinta ephikweni lelinye ikherubi.

12 Iphiko lelinye ikherubi laliyizingalo eziyisihlanu, lathinta odongeni lwendlu; elinye iphiko laliyizingalo eziyisihlanu nalo, lafinyelela ephikweni lelinye ikherubi.

13 Amaphiko alawo makherubi azelula izingalo ezingamashumi amabili; ema ngezinyawo zawo, ubuso bawo bubheke endlini.

14 Wenza isihenqo ngokuluhlaza nangokububende nangokubomvu, nangelineni elicolekileyo, wabeka kuso amakherubi.

15 Wenza ngaphakathi kwendlu izinsika ezimbili, ukuphakama kwazo kwakuyizingalo ezingamashumi amathathu nanhlanu; isihloko esasingaphezu kwaleyo naleyo sasiyizingalo eziyisihlanu.

16 Wenza amaketanga egumbini, wawabeka ezihlokweni zezinsika; wenza amapomegranati ayikhulu, wawabeka emaketangeni.

17 Wazimisa izinsika phambi kwethempeli, enye ngakwesokunene nenye ngakwesokhohlo, wabiza igama lengakwesokunene ngokuthi uJakini negama lengakwesokhohlo ngokuthi uBowazi.

## 2 iziKronike 4

### I-altare leminikelo yokushiswa nezinye izinto zethempeli

1 Wenza i-altare lethusi; ubude balo babuyizingalo ezingamashumi amabili, nobubanzi balo babuyizingalo ezingamashumi amabili, nokuphakama kwalo kwakuyizingalo eziyishumi.

2 Wenza nolwandle olubunjiweyo; lwaluyizingalo eziyishumi kusukela kolunye udini kuze kufike kolunye, lwaluyisiyingilizi; ukuphakama kwalo kwakuyizingalo eziyisihlanu; umucu oyizingalo ezingamashumi amathathu waluzungeza nxazonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Phansi kwalo kwakukhona okufana nezintangazane nxazonke ezaluzungeza
izingalo eziyishumi nxazonke; izintangazane zazisezinhleni ezimbili nxazonke
zolwandle, zibunjiwe ekubunjweni kwalo.

4Lwalumi phezu kwezinkabi eziyishumi nambili, ezintathu zibheke
ngasenyakatho, ezintathu zibheke ngasentshonalanga, ezintathu zibheke
ngaseningizimu, ezintathu zibheke ngasempumalanga; ulwandle lwalumiswe
phezu kwazo, zonke zifulathelene.

5Uhlonze lwalo lwalungangobubanzi besandla; udini lwalo lwalwenziwe
njengodini lwendebe, lunjengembali yomnduze; lwamukela okulingene
namabhati ayizinkulungwane ezintathu.

6 Wenza imicengezi eyishumi, wabeka eyisihlanu ngakwesokunene
neyisihlanu ngakwesokhohlo ukuhlambela kuyo; okweminikelo yokushiswa
babekugezela kuyo, kepha ulwandle lwalungolokuhlambela abapristi.

7 Wenza izinti zezibani zegolide njengomthetho wazo, wazibeka ethempelini,
eziyisihlanu ngakwesokunene neziyisihlanu ngakwesokhohlo.

8Wenza amatafula ayishumi, wawabeka ethempelini, ayisihlanu
ngakwesokunene nayisihlanu ngakwesokhohlo. Wenza nezitsha eziyikhulu
zegolide.

9 Wenza igceke lababpristi, negceke elikhulu, neminyango yegceke,
wazinameka izivalo zayo ngethusi.

10Walubeka ulwandle ngakwesokunene ngasempumalanga yangaseningizimu.

11 UHiramu wenza amakhanzi, namafosholo, nezitsha. UHiramu wayeseqeda
ukwenza umsebenzi abewenzela inkosi uSolomoni endlini kaNkulunkulu:

12izinsika ezimbili, nezihloko ezimbili ezinjengezinkamba ezaziphezu
kwezinsika, namanetha amabili okwembesa izihloko ezimbili
ezinjengezinkamba ezaziphezu kwezinsika,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13namapomegranati angamakhulu amane amanetha omabili, izinhla ezimbili zamapomegranati kulelo nalelo netha, okwembesa izihloko zombili ezazinjengezinkamba phezu kwezinsika.

14Wazenza nezinqe; nemicengezi wayenza ezinqeni,

15nolwandle lunye, nezinkabi eziyishumi nambili phansi kwalo.

16Namakhanzi, namafosholo, nezingwegwe zenyama, nezinto zonke zalokho uHiramu Abi wakwenzela inkosi uSolomoni ngethusi elikhazimulayo kube ngokwendlu kaJehova.

17Inkosi yakubumba ethafeni likaJordani emhlabathini webumba phakathi kweSukoti neSereda.

18USolomoni wazenza zonke lezo zinto, zaziningi kangako ukuba isisindo sethusi sasingenakutholwa.

19 USolomoni wenza-ke zonke izinto ezazisendlini kaNkulunkulu, kanye ne-altare legolide, namatafula okwakukhona kuwo izinkwa zokubukwa,

20nezinti zezibani kanye nezibani zazo ukuba zivuthe njengomthetho phambi kwegumbi, ngegolide elicwengekileyo,

21nezimbali, nezibani, nezindlawu, ngegolide, igolide elipheleleyo,

22nezizenze, nezitsha, nezinkezo, nemicengezi yomlilo, ngegolide elicwengekileyo; iminyango-ke yendlu, izivalo zayo ezingaphakathi zendawo engcwelengcwele nezivalo zendlu yethempeli, zaziyigolide.

## 2 iziKronike 5

### Ukungeniswa komphongolo kaJehova ethempelini

1 Wawusuphela-ke wonke umsebenzi uSolomoni awenzela indlu kaJehova. USolomoni wangenisa izinto ezazingcweliswe nguDavide uyise, kanye nesiliva negolide, nazo zonke izitsha, wakubeka engcebeni yendlu kaNkulunkulu.

2 Khona uSolomoni wabutha amalunga akwa-Israyeli, nazo zonke izinhloko zezizwe, izikhulu zawoyise babantwana bakwa-Israyeli eJerusalema ukuba

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bakhuphule umphongolo wesivumelwano sikaJehova emzini kaDavide oyiSiyoni.

3Onke amadoda akwa-Israyeli abuthana enkosini emkhosini wasenyangeni yesikhombisa.

4Esefikile onke amalunga akwa-Israyeli, amaLevi aphakamisa umphongolo.

5Akhuphula umphongolo, netende lokuhlangana, nazo zonke izinto ezingcwele ezazisetendeni, kwakhushulwa ngabapristi namaLevi.

6Inkosi uSolomoni nayo yonke inhlangano yakwa-Israyeli eyayihlangene kuyo babe phambi komphongolo behlaba izimvu nezinkabi ezingenakulotshwa, zingenakubalwa ngobuningi bazo.

7Abapristi bawungenisa umphongolo wesivumelwano sikaJehova endaweni yawo egumbini lendlu, indawo engcwelengcwele, phansi kwamaphiko amakherubi.

8Ngokuba amakherubi awelula amaphiko awo phezu kwendawo yomphongolo, amakherubi asibekela umphongolo nezinti zawo ngaphezulu.

9Izinti zazizinde kangako ukuba izihloko zezinti zibonakale zeqe emphongolweni phambi kwegumbi; kepha zazingabonakali ngaphandle; usekhona lapho kuze kube namuhla.

10Kwakungekho lutho emphongolweni, kuphela izibhebhe ezimbili zamatshe ezabekwa khona nguMose eHorebe, lapho uJehova enza isivumelwano nabantwana bakwa-Israyeli ekuphumeni kwabo eGibithe.

11Kwathi lapho abapristi sebephumile endaweni engcwele ngokuba bonke abapristi ababe khona babezingcwelisile bengazigcinanga izigaba zabo,

12 kusemi ngasempumalanga kwe-altare amaLevi, abahlabeleli bonke, kanye no-Asafa, noHemani, noJeduthuni, namadodana abo, nabafowabo, bembethe ilineni elicolekileyo, bephethe amasimbali, nezingubhu, namahabhu, kukhona kanye nabo abapristi abayikhulu namashumi amabili bekhalisa amacilongo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 nalapho abaphethe amacilongo nabahlabeleli bezwakalisa kanyekanye izwi linye lokudumisa nokubonga uJehova, nanxa bekhalisa amacilongo namasimbali nezinto zokubethwa, bedumisa uJehova ngokuba muhle nangokuba umusa wakhe umi phakade, khona indlu yagcwaliswa yifu, yona le ndlu kaJehova,

14baze bangema abapristi ukukhonza ngenxa yefu; ngokuba inkazimulo kaJehova yagcwalisa indlu kaNkulunkulu.

## 2 iziKronike 6

### Inkulumo nomkhuleko kaSolomoni ekuhlanjululweni kwethempeli

1 Khona wakhuluma uSolomoni, wathi: UJehova ushilo ukuthi uyakuhlala esigayegayeni.

2Kepha ngikwakhele indlu yokuhlala, indawo yokuhlala kwakho kuze kube phakade.

3Inkosi yayisiphenduka, yalibusisa lonke ibandla lakwa-Israyeli, lonke ibandla lakwa-Israyeli lalimi.

4Yathi: Makabongwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli owakhuluma ngomlomo wakhe kuDavide ubaba, ukugcwalisile ngesandla sakhe, ethi:

5 Kusukela osukwini engakhipha ngalo abantu bami u-Israyeli ezweni laseGibithe angikhethanga muzi ezizweni zonke zakwa-Israyeli ukwakha indlu ukuba igama lami libe khona lapho, futhi angikhethanga muntu ukuba abe ngumbusi wabantu bami u-Israyeli,

6kodwa ngikhethe iJerusalema ukuba igama lami libe khona lapho, ngakhetha noDavide ukuba abe phezu kwabantu bami u-Israyeli.

7 Kwakusenhliziyweni kaDavide ubaba ukwakhela igama likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli indlu.

8Kepha uJehova wathi kuDavide ubaba: Njengokuba kwakusenhliziyweni yakho ukwakhela igama lami indlu, wenza kahle, ngokuba kwakusenhliziyweni yakho lokho;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 kepha wena awuyikwakha indlu, kodwa indodana yakho eyakuphuma okhalweni lwakho, yiyona eyakwakhela igama lami indlu.

10 UJehova uliqinisile izwi alikhulumayo, ngokuba mina ngivelile esikhundleni sikaDavide ubaba, ngihlezi esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli njengokusho kuka Jehova, ngakhele igama likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli indlu.

11Ngiwumisile lapho umphongolo okukuwo isivumelwano sikaJehova asenza nabantwana bakwa-Israyeli.

12Wema phambi kwe-altare likaJehova ebusweni balo lonke ibandla lakwa-Israyeli, welula izandla zakhe,

13ngokuba uSolomoni wayenzile ibhesitulu lethusi; ubude balo babuyizingalo eziyisihlanu, nobubanzi balo babuyizingalo eziyisihlanu, nokuphakama kwalo kwakuyizingalo ezintathu; walimisa phakathi negceke, wema kulo, wayeseguqa ngamadolo phambi kwalo lonke ibandla lakwa-Israyeli, welulela izandla zakhe ngasezulwini,

14 ethi: Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, akakho unkulunkulu onjengawe ezulwini noma emhlabeni, ogcina isivumelwano nomusa nezinceku zakho ezihamba phambi kwakho ngayo yonke inhliziyo yazo,

15 ogcine nenceku yakho uDavide ubaba lokho owakusho kuyo; yebo, owakukhuluma ngomlomo wakho usukugcwalisile ngesandla sakho njengokuba kunjalo namuhla.

16 Ngalokho, Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, gcina nenceku yakho uDavide ubaba lokho owakusho kuyo ukuthi: Akuyikunqunywa muntu kuwe emehlweni ami ukuhlala esihlalweni sobukhosi sakwa-Israyeli, uma kuphela abantwana bakho beqaphela indlela yabo ukuba bahambe emthethweni wami, njengalokho wena uhambe phambi kwami.

17Ngalokho, Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, maliqiniseke izwi lakho owalikhuluma encekwini yakho uDavide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

18 Kepha uNkulunkulu uyakuhlala impela nabantu emhlabeni na? Bheka,
izulu nezulu lamazulu alinakukwanela; pho, kakhulu kangakanani le ndlu
encane engiyakhileyo na?

19Mawubheke umkhuleko wenceku yakho nokunxusa kwayo, Jehova
Nkulunkulu wami, uzwe ukukhala nokukhuleka, inceku yakho ekukhuleka
phambi kwakho namuhla,

20ukuba amehlo akho avulekele le ndlu ubusuku nemini, indawo owasho
ngayo ukuthi uyakubeka khona igama lakho, uze ulalele umkhuleko inceku
yakho eyakuwukhuleka ibhekene nale ndawo.

21Kulalele ukunxusa kwenceku yakho nokwabantu bakho u-Israyeli
abayakukukhuleka bebhekene nale ndawo, ukuzwe usendaweni yakho
yokuhlala ezulwini, nalapho usuzwile, uthethelele.

22 Uma umuntu ona umakhelwane wakhe, athweswe isifungo sokumfungisa,
abeseza ukufunga phambi kwe-altare lakho kule ndlu,

23mawuzwe wena ezulwini, wenze, wahlulele izinceku zakho, kuphindiselwe
konecala, ubeke indlela yakhe phezu kwekhanda lakhe, uthethelele
olungileyo, umnike njengokulunga kwakhe.

24 Uma abantu bakho u-Israyeli benqotshwa yisitha, ngokuba bonile kuwe,
kepha bese bebuya bephindela kuwe, balivume igama lakho, bakhuleke,
banxuse kuwe kule ndlu,

25mawuzwe wena ezulwini, uthethelele isono sabantu bakho u-Israyeli,
ubabuyisele ezweni owalinika bona nawoyise.

26 Lapho izulu livaliwe, imvula ingekho, ngokuba bonile kuwe, kepha bese
bekhuleka bebhekene nale ndawo, balivume igama lakho, baphenduke
esonweni sabo, ngokuba uyabajezisa,

27mawuzwe wena ezulwini, uthethelele isono sezinceku zakho nesabantu
bakho u-Israyeli, lapho ubafundisa indlela enhle abayakuhamba ngayo,
uthume imvula ezweni lakho obanike abantu bakho libe yifa labo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28 Uma kukhona indlala ezweni, noma kukhona isifo, noma kukhona
ukuhamuka, nesikhutha, nesikhonyane, nemiswenya, noma izitha zabo
zibavimbezela ezweni lemizi yabo, noma kuyiphi inhlupheko nasiphi isifo,

29bese kuzwakala namuphi umkhuleko nakuphi ukunxusa noma ngumuphi
umuntu noma yibo bonke abantu bakho u-Israyeli abayakwazi, kube yilowo
nalowo inhlupheko yakhe nosizi lwakhe, elulele izandla zakhe kule ndlu,

30 mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, uthethelele, unike,
kube yilowo nalowo njengezindlela zakhe zonke, wena owaziyo inhliziyo
yakhe ngokuba wena kuphela uyazi izinhliziyo zabantwana babantu

31ukuba bakwesabe, bahambe ngezindlela zakho zonke izinsuku zokuhamba
kwabo ezweni owalinika obaba.

32 Futhi owezizwe ongesiye owabantu bakho u-Israyeli, lapho evela ezweni
elikude ngenxa yegama lakho elikhulu nesandla sakho esinamandla nengalo
yakho eyeluliweyo, abesefika ukukhuleka kule ndlu,

33mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, wenze njengakho konke
lo wezizwe akhala ngakho kuwe, ukuze bonke abantu bomhlaba bazi igama
lakho, bakwesabe wena njengabantu bakho u-Israyeli, nokuze bazi ukuthi le
ndlu engiyakhileyo ibiziwe ngegama lakho.

34 Uma abantu bakho bephuma impi ukulwa nezitha zabo ngendlela
obathuma ngayo, bese bekhuleka kuJehova bebhekene nalo muzi
owukhethileyo nale ndlu engiyakhele igama lakho,

35mawuzwe wena ezulwini umkhuleko wabo nokunxusa kwabo, ubavume.

36 Uma bona kuwe ngokuba akukho muntu ongoniyo bese wubathukuthelela
wena, ubanikele esitheni, ukuze ababathumbayo babamukisele ezweni
lesitha, likude noma liseduze,

37kepha bese becabanga ezweni lapho bethunjelwe khona, baphenduke,
banxuse kuwe ezweni lababathumbayo ngokuthi: Sonile, senzile
ngokuphambeneyo, saziphatha kabi;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

38uma bephendukela kuwe ngayo yonke inhliziyo yabo nangawo wonke umphefumulo wabo ezweni lokuthunjwa kwabo, lapho bebathumbele khona, bakhuleke bebhekene nezwe lakubo owalinika oyise, nomuzi owukhethileyo, nendlu engiyakhele igama lakho,

39mawuzwe wena ezulwini, indawo yakho yokuhlala, umkhuleko wabo nokunxusa kwabo, ubavume, uthethelele abantu bakho abonile kuwe.

40 Ngalokho, Nkulunkulu wami, amehlo akho mawavulekele, nezindlebe zakho maziwulalele umkhuleko owenziwa kule ndawo.

41 Ngalokho: Vuka, Jehova Nkulunkulu, uze endaweni yakho yokuphumula, wena nomphongolo wamandla akho; abapristi bakho, Jehova Nkulunkulu, mabembathiswe ukusindiswa, nabathembekileyo bakho mabathokoze ngokuhle.

42 Jehova Nkulunkulu, ungafulatheli ogcotshiweyo wakho; khumbula umusa wakho kuDavide inceku yakho.

## 2 iziKronike 7

### Umlilo wasezulwini

1 USolomoni eseqedile ukukhuleka, kwehla umlilo ezulwini, wadla umnikelo wokushiswa nemihlatshelo; inkazimulo kaJehova yagcwalisa indlu.

2Abapristi babengenakungena endlini kaJehova, ngokuba inkazimulo kaJehova yagcwalisa indlu kaJehova.

3 Lapho abantwana bakwa-Israyeli bebona ukwehla komlilo, nenkazimulo kaJehova iphezu kwendlu, bakhothama phansi ngobuso phezu kwendawo egandaywe ngamatshe, bakhuleka, babonga uJehova, ngokuba muhle nangokuba umusa wakhe umi phakade.

4 Inkosi nabo bonke abantu base benikela ngomhlatshelo phambi kukaJehova.

5Inkosi uSolomoni yanikela ngomhlatshelo wezinkunzi eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili nezimvu eziyizinkulungwane eziyikhulu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

namashumi amabili. Inkosi nabo bonke abantwana bakwa-Israyeli bahlambulula-ke indlu kaJehova.

6 Abapristi bema njengezikhundla zabo kanye namaLevi, benezinto zokubethwa ayezenzile uDavide inkosi ukuba babonge uJehova, ngokuba umusa wakhe umi phakade, lapho uDavide edumisa ngezandla zabo; abapristi bakhalisa amacilongo ngaphambi kwabo, esemi wonke u-Israyeli.

7 USolomoni wangcwelisa ingaphakathi legceke elalingaphambi kwendlu kaJehova, ngokuba wanikela lapho ngeminikelo yokushiswa namanoni eminikelo yokuthula, ngokuba i-altare lethusi ayelenzile uSolomoni lalingenakwanela umnikelo wokushiswa, nomnikelo wempuphu, namanoni.

8 USolomoni wagubha-ke umkhosi ngaleso sikhathi izinsuku eziyisikhombisa, wonke u-Israyeli enaye, ibandla elikhulu kakhulu, kusukela ekuyeni eHamati kuze kube semfuleni waseGibithe.

9 Ngosuku lwesishiyagalombili benza umhlangano ozothileyo ngokuba ukuhlanjululwa kwe-altare bakwenza izinsuku eziyisikhombisa nomkhosi izinsuku eziyisikhombisa.

10 Ngosuku lwamashumi amabili nantathu lwenyanga yesikhombisa wabamukisa abantu baya ematendeni abo, bethokoza benezinhliziyo ezenamileyo ngobuhle uJehova abenzele oDavide noSolomoni no-Israyeli abantu bakhe.

### UNkulunkulu uyabonakala ngokwesibili kuSolomoni

11 USolomoni waqeda-ke indlu kaJehova nendlu yenkosi; konke okwangena enhliziyweni kaSolomoni ukukwenza endlini kaJehova nasendlini yakhe, wakuphumelelisa.

12 UJehova wabonakala kuSolomoni, wathi kuye: Ngiwuzwile umkhuleko wakho, ngizikhethele le ndawo ukuba ibe yindlu yomhlatshelo.

13 Uma ngivala izulu ukuba kungabikho mvula, noma ngiyaleza isikhonyane ukuba sidle izwe, noma ngithuma isifo phakathi kwabantu bami,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14bazithobe abantu bami ababizwa ngegama lami, bakhuleke, bafune ubuso bami, baphenduke ezindleleni zabo ezimbi, ngiyakuzwa ezulwini, ngithethelele isono sabo, ngiphilise izwe labo.

15 Manje amehlo ami ayakuvuleka, izindlebe zami zilalele umkhuleko owenziwa kule ndawo.

16Manje sengiyikhethile ngayingcwelisa le ndlu ukuba igama lami libe khona lapho kuze kube phakade; amehlo ami nenhliziyo yami kuyakuba khona lapho isikhathi sonke.

17 Wena-ke, uma uyakuhamba phambi kwami njengokuhamba kukaDavide uyihlo, wenze njengakho konke engikuyale ngakho, ugcine izimiso zami nezahlulelo zami,

18ngiyakusimisa isihlalo sobukhosi sombuso wakho njengesivumelwano sami noDavide uyihlo ngokuthi: Akuyikunqunywa muntu kuwe ukuba kungabikho mbusi kwa-Israyeli.

19 Kepha uma nibuya, nishiye izimiso zami nemiyalo yami engikubeke phambi kwakho, nihambe nikhonze abanye onkulunkulu, nikhuleke kubo,

20 ngiyakubasiphula ezweni lami engibanike lona, nale ndlu engiyingcwelisele igama lami ngiyakuyilahla ebusweni bami, ngiyenze isaga nesifenqo phakathi kwabantu bonke.

21 Le ndlu ephakeme kangaka, yilowo nalowo odlula kuyo uyakumangala athi: UJehova wenzeleni kanje kuleli zwe nakule ndlu na?

22Bayakuphendula bathi: Kungokuba bamshiya uJehova uNkulunkulu wawoyise owabakhipha ezweni laseGibithe, babambelela kwabanye onkulunkulu, bakhuleka kubo, babakhonza; ngalokho ubehlisele konke lokho okubi.

## 2 iziKronike 8

### Izisebenzi nezindlu zikaSolomoni

1 Kwathi ngasekugcineni kweminyaka engamashumi amabili uSolomoni akhe ngayo indlu kaJehova nendlu yakhe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

2imizi uHiramu anike yona uSolomoni, uSolomoni wayivusa, wahlalisa khona
abantwana bakwa-Israyeli.

3USolomoni waya eHamati Soba, walahlula.

4 Wakha iTadimori ehlane, nayo yonke imizi yokubekelela ayakha eHamati.

5Wakha neBeti Horoni laseNhla, neBeti Horoni laseNzansi, imizi ebiyelweyo
enezingange, namasango, nemigoqo,

6kanye neBalati nayo yonke imizi yokubekelela uSolomoni ayenayo, nayo
yonke imizi yezinqola zakhe, nemizi yabamahhashi bakhe, nakho konke
uSolomoni ayefisa ukukwakha eJerusalema, naseLebanoni, nasezweni lonke
lokubusa kwakhe.

7Abantu bonke abaseleyo kumaHeti, nama-Amori, namaPherizi, namaHivi,
namaJebusi, abangesibo abakwa-Israyeli,

8abantwana babo abasala emva kwabo ezweni, abangaqedwanga
ngabantwana bakwa-Israyeli, kubona uSolomoni wabiza izisebenzi kuze kube
namuhla.

9Kepha kubantwana bakwa-Israyeli uSolomoni akakhiphanga izigqila
zomsebenzi wakhe, ngokuba babengamadoda empi, nabakhulu bezinduna
zakhe, nezinduna zezinqola zakhe, nabamahhashi bakhe.

10Lezo zaziyizinduna ezinkulu zenkosi uSolomoni; zazingamakhulu amabili
namashumi ayisihlanu, zazibusa phezu kwabantu.

11 USolomoni wakhuphula indodakazi kaFaro emzini kaDavide, wayiyisa
endlini ayakhele yona, ngokuba wathi: Akuyikuhlala owesifazane endlini
kaDavide inkosi yakwa-Israyeli, ngokuba ingcwele, lapho kufike khona
umphongolo kaJehova.

12 Khona uSolomoni wanikela ngeminikelo yokushiswa kuJehova e-altare
likaJehova ayelakhe phambi kompheme

13 njengokudingekayo imihla ngemihla, enikela njengemiyalo kaMose
ngamasabatha, nangokwethwasa kwenyanga, nangemikhosi emisiweyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kathathu ngomnyaka: ngomkhosi wesinkwa esingenamvubelo, nangomkhosi wamasonto, nangomkhosi wamadokodo.

14 Wamisa njengomthetho kaDavide uyise izigaba zabapristi enkonzweni yabo, namaLevi ezikhundleni zawo ukuba adumise, akhonze phambi kwabapristi njengokudingekayo imihla ngemihla, nabalindisango ngezigaba zabo emasangweni ngamasango, ngokuba uDavide umuntu kaNkulunkulu wayeyale kanjalo.

15 Abaphambukanga emiyalweni yenkosi kubapristi namaLevi ngalutho, nangengcebo.

16 Wonke umsebenzi kaSolomoni walungiswa kwaze kwaba lusuku lokubeka isisekelo sendlu kaJehova, yaze yaphela. Yayisiphelile indlu kaJehova.

### Imikhumbi kaSolomoni

17 Khona uSolomoni waya e-Esiyoni Geberi, nase-Elito, ogwini lolwandle ezweni lakwa-Edomi.

18 UHiramu wathuma kuye ngezandla zezinceku zakhe imikhumnbi nezinceku ezazilwazi ulwandle; zafika nezinceku zikaSolomoni e-Ofiri, zalanda khona amatalenta angamakhulu amane namashumi ayisihlanu egolide, zawayisa enkosini uSolomoni.

## 2 iziKronike 9

### Inkosikazi yaseSheba

1 Inkosikazi yaseSheba isizwile udumo lukaSolomoni yeza ukumvivinya uSolomoni eJerusalema ngezimfumbe, inehele elikhulu kakhulu, namakamela ethwele amakha, negolide eliningi, namatshe ayigugu; isifikile kuSolomoni yakhuluma naye ngakho konke okusenhliziyweni yayo.

2 USolomoni wayiphendula ezindabeni zayo zonke; kwakungekho nto eyayifihlelwe uSolomoni angayitshelanga yona.

3 Inkosikazi yaseSheba isibonile ukuhlakanipha kukaSolomoni, nendlu ayakhileyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[4]nokudla kwasetafuleni lakhe, nokuhlala kwezinceku zakhe, nokuma kwezikhonzi zakhe, nezambatho zazo, kanye nabaphathizitsha nezambatho zabo, nesikhwelo sakhe akhuphukela ngaso endlini kaJehova, akwabe kusabakho moya kuyo.

[5]Yathi enkosini: Yayiqinisile indaba engayizwa ezweni lami ngamazwi akho nangokuhlakanipha kwakho.

[6]Kepha angikholwanga ngamazwi abo, ngaze ngafika, kwabona amehlo ami; bheka, angitshelwanga nanxenye yobukhulu bokuhlakanipha kwakho; uyadlula udumo engaluzwayo.

[7]Babusiswe abantu bakho, zibusisiwe lezi zinceku zakho ezimi njalo phambi kwakho, zizwa ukuhlakanipha kwakho.

[8]Makabongwe uJehova uNkulunkulu wakho owenamele wena ukuba akubeke esihlalweni sakhe sobukhosi ukuba ube yinkosi kuJehova uNkulunkulu wakho; ngokuba uNkulunkulu wakho wamthanda u-Israyeli waze wammisa kuze kube phakade, ngalokho wakubeka inkosi phezu kwabo ukuba wenze ukwahlulela nokulunga.

[9]Yanika inkosi amatalenta ayikhulu namashumi amabili egolide, namakha amaningi kakhulu, namatshe ayigugu; awazange abe khona amakha anjengalawo inkosi uSolomoni eyaphiwa wona yinkosikazi yaseSheba.

[10]Izinceku zikaHiramu nezinceku zikaSolomoni ezabuya negolide e-Ofiri zaletha imi-alimugi namatshe ayigugu.

[11]Ngemi-alimugi inkosi yenzela indlu kaJehova nendlu yenkosi izikhwelo, kanye namahabhu, nezingubhu zabahlabeleli; akuzange kubonwe phambili okunjengakho ezweni lakwaJuda.

[12]Inkosi uSolomoni yanika inkosikazi yaseSheba konke ekufunayo nekucelayo ngaphandle kwalokho ebikulethele inkosi. Yayisibuya, yaya ezweni layo, yona nezinceku zayo.

**Ukuceba kukaSolomoni nobukhosi bakhe; ukuhlakanipha kwakhe nobukhulu bakhe**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Isisindo segolide elafika kuSolomoni iminyaka yonke sasingamatalenta angamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha nesithupha egolide

14ngaphandle kokuvela kubahwebi nabathengisi; onke amakhosi ase-Arabiya nababusi bezwe baletha igolide nesiliva kuSolomoni.

15Inkosi uSolomoni yenza izihlangu ezingamakhulu amabili zegolide elikhandiweyo, kwaba ngamashekeli angamakhulu ayisithupha egolide elikhandiweyo kuso isihlangu sinye,

16kanjalo nezihlangu ezingamakhulu amathathu egolide elikhandiweyo, amashekeli angamakhulu amathathu egolide kuso isihlangu sinye; inkosi yazibeka endlini yehlathi laseLebanoni.

17Inkosi yenza nesihlalo sobukhosi esikhulu sezimpondo zendlovu, yasinameka ngegolide elicwengekileyo.

18Isihlalo sobukhosi sasinezikhwelo eziyisithupha, sinesenabelo segolide esasinamathelisiwe esihlalweni sobukhosi, nemikhono ngalapha nangalapha kwendawo yokuhlala, kumi izingonyama ezimbili ngaseceleni kwemikhono.

19Kwakumi izingonyama eziyishumi nambili ngalapha nangalapha ezikhwelweni eziyisithupha. Okunjalo akwenziwanga komunye umbuso.

20Zonke izitsha zokuphuza zenkosi uSolomoni zaziyigolide, nazo zonke izitsha zendlu yehlathi laseLebanoni zaziyigolide elicwengekileyo, isiliva lingento yalutho emihleni kaSolomoni.

21Ngokuba inkosi yayinemikhumbi eyaya eTharishishi kanye nezinceku zikaHiramu; kanye ngeminyaka emithathu yafika imikhumbi yaseTharishishi iletha igolide, nesiliva, nezimpondo zendlovu, nezimfene, namapikoko.

22Inkosi uSolomoni yaba nkulu kunawo onke amakhosi omhlaba ngengcebo nangokuhlakanipha.

23Onke amakhosi omhlaba afuna ubuso bukaSolomoni ukuba ezwe ukuhlakanipha kwakhe, uNkulunkulu akubekile enhliziyweni yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Baletha, kwaba yilowo nalowo isipho sakhe, izitsha zesiliva, nezitsha zegolide, nezingubo, nezikhali, namakha, namahhashi, neminyuzi, okwenziwa iminyaka ngeminyaka.

25 USolomoni wayenezipani eziyizinkulungwane ezine zamahhashi nezinqola, nabamahhashi abayizinkulungwane eziyishumi nambili, owababeka emizini yezinqola nasenkosini eJerusalema.

26 Wabusa phezu kwawo onke amakhosi kusukela emfuleni kuze kube sezweni lamaFilisti nasemkhawulweni waseGibithe.

27Inkosi yenza isiliva livame eJerusalema njengamatshe, nemisedari yayenza ibe njengemithombe ehlanzeni ngobuningi.

28Bamlethela uSolomoni amahhashi evela eGibithe nasemazweni onke.

29Ezinye izindaba zikaSolomoni, ezokuqala nezokugcina, angithi zilotshiwe ezindabeni zikaNathani umprofethi, nasesiprofethweni sika-Ahiya waseShilo, nasemibonweni ka-Ido umboni ngoJerobowamu indodana kaNebati na?

30USolomoni wabusa eJerusalema phezu kuka-Israyeli wonke iminyaka engamashumi amane.

31USolomoni wayeselala koyise, wembelwa emzini kaDavide uyise; uRehobowamu indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 iziKronike 10

### Ukumiswa kukaRehobowamu nokuhlubuka kwezizwe eziyishumi

1 URehobowamu waya eShekemi, ngokuba wonke u-Israyeli wayefikile eShekemi ukumbeka inkosi.

2Kwathi lapho uJerobowamu indodana kaNebati ekuzwile ngokuba wayeseGibithe, lapho ayebalakele khona, ebalekele ubuso benkosi uSolomoni uJerobowamu wabuya eGibithe.

3Bathuma bambiza; uJerobowamu naye wonke u-Israyeli beza, bakhuluma kuRehobowamu, bathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Uyihlo wenza ijoka lethu laba lukhuni; ngalokho yenza wena ube lula
umsebenzi olukhuni kayihlo nejoka lakhe elisindayo owalibeka phezu
kwethu, siyakukukhonza.

5Wathi kubo: Buyelani kimi emva kwezinsuku ezintathu. Basuka-ke abantu.

6Inkosi uRehobowamu yelulekana namalunga ayemile phambi kukaSolomoni
uyise esekhona, yathi: Nina ningeluleka ukubuyisela mpenduloni kulaba
bantu na?

7Akhuluma kuye, athi: Uma uzakuba muhle kulaba bantu, ubathokozise,
ukhulume amazwi amahle kubo, bayakuba yizinceku zakho izinsuku zonke.

8Kepha walahla isiluleko samalunga ameluleke ngaso, welulekana nezinsizwa
eziyintanga yakhe, ezazimi phambi kwakhe.

9Wathi kuzo: Nina niluleka ukuba sibuyise mpenduloni kulaba bantu
abakhulume kimi ngokuthi: Yenza ijoka uyihlo alibeka phezu kwethu libe
lula, na?

10Zase zikhuluma kuye izinsizwa eziyintanga yakhe, zithi: Uyakusho kanje
kubantu abakhulume kuwe ngokuthi: Uyihlo walenza ijoka lethu lasinda,
kepha wena ulenze libe lula kithina, uyakusho kubo kanje ukuthi: Ucikicane
wami mkhulu kunokhalo lukababa.

11Manje ubaba wanithwesa ijoka elisindayo, mina ngiyakwenezela ejokeni
lenu; ubaba wanishaya ngeziswebhu, mina ngawofezela.

12UJerobowamu nabantu bonke base befika kuRehobowamu ngosuku
lwesithathu njengokusho kwenkosi ithi: Buyelani kimi ngosuku lwesithathu.

13Inkosi yabaphendula kalukhuni; inkosi uRehobowamu yalahla isiluleko
samalunga,

14yakhuluma kubo njengesiluleko sezinsizwa ngokuthi: Ubaba walenza ijoka
lenu lasinda, mina ngiyakwenezela kulo; ubaba wanishaya ngesiswebhu,
mina ngawofezela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

15Inkosi ayibalalelanga abantu, ngokuba kwakuyisiyiba esivela kuNkulunkulu, ukuze uJehova amise izwi lakhe alikhulumayo ngesandla sika-Ahiya waseShilo kuJerobowamu indodana kaNebati.

16Wonke u-Israyeli esebonile ukuthi inkosi ayibalalelanga, abantu babuyisela izwi enkosini, bathi: Sinasabelo sini kuDavide na? Ifa asinalo endodaneni kaJese. Yilowo nalowo makaye etendeni lakhe, Israyeli; zibhekele indlu yakho manje, Davide. Wayesesuka u-Israyeli wonke, waya ematendeni akhe.

17Kepha abantwana bakwa-Israyeli abakhe emizini yakwaJuda, uRehobowamu wabusa phezu kwabo.

18Inkosi uRehobowamu yathuma u-Adoramu owayephezu kwezisebenzi; abantwana bakwa-Israyeli bamkhanda ngamatshe, wafa. Inkosi uRehobowamu yashesha ukukhwela inqola yayo ukuba ibalekele eJerusalema.

19U-Israyeli wayeseyihlubuka-ke indlu kaDavide kuze kube namuhla.

## 2 iziKronike 11

### Isiprofetho sikaShemaya

1 URehobowamu esefikile eJerusalema wabutha indlu yakwaJuda noBenjamini, abantu abakhethiweyo abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisihiyagalombili, amabutho, ukuba balwe no-Israyeli, bawubuyisele umbuso kuRehobowamu.

2Lase lifika izwi likaJehova kuShemaya umuntu kaNkulunkulu, lathi:

3 Khuluma kuRehobowamu indodana kaSolomoni, inkosi yakwaJuda, nakuye wonke u-Israyeli kwaJuda noBenjamini, ngokuthi:

4Usho kanje uJehova, uthi: Aniyikukhuphuka, ningalwi nabafowenu; buyelani, kube yilowo nalowo endlini yakhe, ngokuba le nto ivela kimi. Balalela amazwi kaJehova, babuya ekumhlaseleni uJerobowamu.

### Ukwakha kukaRehobowamu

5URehobowamu wahlala eJerusalema, wakha imizi ukuba ibe yizinqaba kwaJuda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[6]Wakha iBetlehema, ne-Etamu, neThekhowa,

[7]neBeti Suri, neSoko, ne-Adulamu,

[8]neGati, neMaresha, neZifi,

[9]ne-Adorayimi, neLakishi, ne-Azeka,

[10]neSora, ne-Ajaloni, neHebroni, ekwaJuda nakwaBenjamini, imizi ebiyelweyo.

[11]Waziqinisa izinqaba, wabeka izinduna kuzo, nokudla, namafutha, newayini.

[12]Emizini yonke, yileyo naleyo, wabeka izihlangu nemikhonto, wayiqinisa kakhulu impela. ElakwaJuda nelakwaBenjamini lalingelakhe.

### Abapristi namaLevi baya kwaJuda

[13]Abapristi namaLevi ayekwa-Israyeli wonke bazihlanganisa naye bephuma emikhawulweni yonke.

[14] Ngokuba amaLevi ashiya amadlelo awo nefa lawo, aya kwaJuda naseJerusalema, ngokuba uJerobowamu namadodana akhe bawalahla ukuba angabe esaba ngabapristi bakaJehova,

[15] wazimisela abapristi bezindawo eziphakemeyo, nabamademoni, nabamathole awenzileyo.

[16]Emva kwabo kwaphuma ezizweni zonke zakwa-Israyeli abanhliziyo zabo zibhekiswe ukufuna uJehova uNkulunkulu wakwa-Israyeli, bafika eJerusalema ukuhlabela uJehova uNkulunkulu wawoyise.

[17]Base bewuqinisa-ke umbuso wakwaJuda, benza uRehobowamu indodana kaSolomoni waba namandla iminyaka emithathu, ngokuba bahamba iminyaka emithathu endleleni kaDavide noSolomoni.

### Abafazi nabantwana bakaRehobowamu

[18] URehobowamu wazithathela umfazi, uMahalati, indodakazi kaJerimoti indodana kaDavide neka-Abihayili, indodakazi ka-Eliyabe, indodana kaJese.

[19]Wamzalela amadodana: ngoJewushe, noShemariya, noZahamu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20] Emva kwakhe wathatha uMahakha, indodakazi ka-Abisalomu; wamzalela o-Abiya, no-Athayi, noZiza, noShelomiti.

[21]URehobowamu wamthanda uMahakha indodakazi ka-Abisalomu phezu kwabo bonke abafazi bakhe nezancinza zakhe, ngokuba wathatha abafazi abayishumi nesishiyagalombili nezancinza ezingamashumi ayisithupha, wazala amadodana angamashumi amabili nesishiyagalombili namadodakazi angamashumi ayisithupha.

[22]URehobowamu wabeka u-Abiya, indodana kaMahakha, abe yinhloko, abe ngumbusi phakathi kwabafowabo, ngokuba wacabanga ukumbeka inkosi.

[23]Wenza ngokuhlakanipha, wahlakaza onke amadodana akhe emazweni onke akwaJuda noBenjamini, emizini yonke ebiyelweyo, wawanika ukudla okuningi, wawafunela abafazi abaningi.

## 2 iziKronike 12

### UShishaki usukela iJerusalema

[1]Kwathi lapho umbuso kaRehobowamu usuqinisiwe, yena esenamandla, washiya umthetho kaJehova no-Israyeli wonke kanye naye.

[2] Kepha kwathi ngomnyaka wesihlanu wenkosi uRehobowamu, uShishaki inkosi yaseGibithe wakhuphukela eJerusalema, ngokuba babephambukile kuJehova,

[3]enezinqola eziyinkulungwane namakhulu amabili, nabamahhashi abayizinkulungwane ezingamashumi ayisithupha; abantu babengenakubalwa abaphuma naye eGibithe: ngamaLubi, namaSuki, namaKushe.

[4] Wayithatha imizi ebiyelweyo yakwaJuda, wafika eJerusalema.

### Esinye isiprofetho sikaShemaya

[5]Wayesefika uShemaya umprofethi kuRehobowamu nasezikhulwini zakwaJuda ezazibuthene eJerusalema ngenxa kaShishaki, wathi kubo: Usho kanje uJehova, uthi: Nina ningishiyile; ngalokho nami nginishiyile esandleni sikaShishaki.

[6]Zase zizithoba izikhulu zakwa-Israyeli nenkosi, bathi: UJehova ulungile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Lapha uJehova ebona ukuthi bayazithoba, kweza izwi likaJehova kuShemaya, lathi: Bazithobile; angiyikubachitha, kepha ngiyakubakhulula emva kwesikhashana, nentukuthelo yami ayiyikuthululelwa phezu kweJerusalema ngesandla sikaShishaki.

8Nokho bayakuba yizinceku zakhe ukuba bazi inkonzo yami nenkonzo yemibuso yezizwe.

### UShishaki usukela iJerusalema

9 UShishaki, inkosi yaseGibithe, wakhuphukela eJerusalema, wathatha ingcebo yendlu kaJehova nengcebo yendlu yenkosi, yebo, wathatha konke, wathatha izihlangu zegolide ezenziwe nguSolomoni.

10Inkosi uRehobowamu yenza izihlangu zethusi esikhundleni sazo, yazinikela ezandleni zezinduna zabalindi abagcina umnyango wendlu yenkosi.

11Kwathi njalo uma inkosi ingena endlini kaJehova, zafika izigijimi zizithwele, zazibuyisela ekamelweni labalindi.

12Kepha lapho esezithoba, intukuthelo kaJehova yabuya kuye ukuba angamchithi ngokupheleleyo, futhi kwakusekhona nokuhle kwaJuda.

13 Inkosi uRehobowamu yayisiziqinisa-ke eJerusalema yabusa, ngokuba uRehobowamu wayeneminyaka engamashumi amane nanye ekuqaleni kwakhe ukubusa; wabusa iminyaka eyishumi nesikhombisa eJerusalema, umuzi uJehova awukhethileyo ezizweni zonke zakwa-Israyeli ukuba abeke khona igama lakhe; igama likanina lalinguNahama umAmonikazi.

14Wenza okubi, ngokuba akabhekisanga inhliziyo yakhe ukumfuna uJehova.

15 Izindaba zikaRehobowamu, ezokuqala nezokugcina, angithi zilotshiwe ezindabeni zikaShemaya umprofethi nezika-Ido umboni, zibhalwe ngezizukulwane, na? Kwakukhona njalo ukulwa phakathi kukaRehobowamu noJerobowamu.

16URehobowamu wayeselala koyise, wembelwa emzini kaDavide; u-Abiya indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 iziKronike 13

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### U-Abiya uyinkosi kwaJuda. Unqoba uJerobowamu

1 Ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili wenkosi uJerobowamu u-Abiya waba yinkosi kwaJuda.

2 Wabusa iminyaka emithathu eJerusalema; igama likanina lalinguMikhaya indodakazi ka-Uriyeli waseGibeya. Kwakukhona ukulwa phakathi kuka-Abiya noJerobowamu.

3 U-Abiya waqala ukulwa enempi yamaqhawe anamandla, abantu abakhethiweyo abayizinkulungwane ezingamakhulu amane, kepha uJerobowamu wahlela ukulwa naye enabantu abakhethiweyo abayizinkulungwane ezingamakhulu ayisishiyagalombili, bengamaqhawe anamandla.

4 U-Abiya wema entabeni yaseSemarayimi esezintabeni zakwa-Efrayimi, wathi: Ngizweni wena Jerobowamu no-Israyeli wonke:

5 Bekunganifanele ukwazi yini ukuthi uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli wanika uDavide umbuso kwa-Israyeli kuze kube phakade, yena namadodana akhe, ngesivumelwano sikasawoti, na?

6 Nokho uJerobowamu indodana kaNebati, inceku kaSolomoni indodana kaDavide, wavuka, wahlubuka inkosi yakhe.

7 Kwabuthana kuye amayiyane, abantu ababi, aziqinisa ukulwa noRehobowamu indodana kaSolomoni, uRehobowamu esemusha, inhliziyo isathambile, engenakumelana nawo.

8 Manje nithi niyakumelana nobukhosi bukaJehova obusesandleni samadodana kaDavide, lokhu niyisixuku esikhulu, futhi kukhona amathole egolide enenzelwa wona nguJerobowamu ukuba abe ngonkulunkulu benu.

9 Anixoshanga yini abapristi bakaJehova, amadodana ka-Aroni namaLevi, nazenzela abapristi ngendlela yabantu bezizwe; bonke abafika ukwahlukaniselwa, bephethe iduna nezinqama eziyisikhombisa, bangaba ngabapristi babangesibo onkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Kepha thina, uJehova unguNkulunkulu wethu; asimshiyanga; sinabapristi abamkhonzayo uJehova, amadodana ka-Aroni namaLevi emisebenzini yabo;

11 bamshisela uJehova iminikelo yokushiswa nempepho ethaphukayo ekuseni nakusihlwa njalo, basihlela isinkwa sokubukwa etafuleni elihlanzekileyo, bokhela uthi lwezibani lwegolide nezibani zalo kusihlwa njalo, ngokuba thina sigcina imfanelo kaJehova uNkulunkulu wethu, kepha nina nimshiyile.

12 Futhi bhekani, uNkulunkulu unathi, uyinhloko yethu, kanye nabapristi abaphethe amacilongo okuhlaba umkhosi ukuba bawakhalise ngani; bantwana bakwa-Israyeli, ningalwi noJehova uNkulunkulu wawoyihlo, ngokuba aniyikuphumelela.

13Kepha uJerobowamu wayegwegwesisile abaqamekeli ukuba bafike emuva; babe phambi kukaJuda, abaqamekeli babe semva kwabo.

14Lapho uJuda esephenduka, bheka, impi yayingaphambili nangasemva kwabo; bakhala kuJehova, abapristi bakhalisa amacilongo.

15Base bekhamuluka abantu bakwaJuda, nalapho abantwana bakwaJuda bekhamuluka, uNkulunkulu washaya oJerobowamu no-Israyeli wonke phambi kuka-Abiya noJuda.

16Abantwana bakwa-Israyeli babaleka ebusweni bukaJuda, uNkulunkulu wabanikela esandleni sabo.

17U-Abiya nabantu bakhe babaceka ngokuceka okukhulu; kwawa amadoda akhethiweyo akwa-Israyeli abuleweyo ayizinkulungwane ezingamakhulu ayisihlanu.

18Bathotshiswa-ke ngaleso sikhathi abantwana bakwa-Israyeli; kepha abantwana bakwaJuda bahlula, ngokuba babencika kuJehova uNkulunkulu wawoyise.

19U-Abiya wamxosha uJerobowamu, wamaphuca imizi: iBethele nemizana yalo, neJeshana nemizana yalo, ne-Efroni nemizana yalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[20]Futhi uJerobowamu akabe esaba namandla emihleni ka-Abiya; uJehova wamshaya, wafa.

[21]Kepha u-Abiya waba namandla, wazithathela abafazi abayishumi nane, wazala amadodana angamashumi amabili nambili namadodakazi ayishumi nesithupha.

[22] Ezinye izindaba zika-Abiya, nezindlela zakhe, namazwi akhe, kulotshiwe esichasiselweni somprofethi u-Ido.

## 2 iziKronike 14

### U-Asa uyinkosi kwaJuda. Unqoba amaKushe

[1] U-Abiya wayeselala koyise; bammbela emzini kaDavide; u-Asa indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe: emihleni yakhe izwe lazola iminyaka eyishumi.

[2] U-Asa wenza okuhle nokulungile emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakhe.

[3]Wawasusa ama-altare abezizwe nezindawo eziphakemeyo, wazibhidliza izinsika, wabagawula o-Ashera,

[4]wamtshela uJuda ukuba amfune uJehova uNkulunkulu wawoyise, awenze umthetho nemiyalo.

[5]Wasusa kuyo imizi yakwaJuda izindawo eziphakemeyo, nama-altare empepho; umbuso wazola phambi kwakhe.

[6]Wakha imizi ebiyelweyo kwaJuda, ngokuba izwe lazola, engenampi kuleyo minyaka, ngokuba uJehova wayemphumuzile.

[7]Wathi kuJuda: Masakhe le mizi, siyihaqe ngogange, nangemibhoshongo, nangezivalo, nangemigoqo; izwe lisephambi kwethu, ngokuba simfunile uJehova uNkulunkulu wethu; simfunile, wasiphumuza nxazonke. Base bakha-ke, baphumelela.

[8]U-Asa wayenempi ephethe izihlangu nemikhonto, evela kwaJuda, iyizinkulungwane ezingamakhulu amathathu, nevela kwaBenjamini, ephethe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

amahawu nensala iminsalo, iyizinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi ayisishiyagalombili; bonke labo babe ngamaqhawe anamandla.

9Kwaphuma ukulwa nabo uZera umKushe enempi eyizinkulungwane eziyinkulungwane nezinqola ezingamakhulu amathathu, wafika eMaresha.

10U-Asa wayesephuma ukuhlangabezana naye, bahlela impi esigodini saseSefata ngaseMaresha.

11 U-Asa wakhala kuJehova uNkulunkulu wakhe, wathi: Jehova, akakho ngaphandle kwakho ongasiza phakathi konamandla amakhulu nongenawo; sisize, Jehova Nkulunkulu wethu, ngokuba sencika kuwe, sifike ngegama lakho kulesi sixuku. Jehova, wena unguNkulunkulu wethu, mawungahlulwa muntu.

12 UJehova wawashaya amaKushe phambi kuka-Asa naphambi kukaJuda; amaKushe abaleka.

13U-Asa nabantu ababe naye bawaxosha kwaze kwaba seGerari, kwawa amaKushe kwaze kwangasala muntu ophilayo, ngokuba achithwa phambi kukaJehova naphambi kwempi yakhe, bamuka nempango enkulu kakhulu.

14Bachitha yonke imizi ezungeza iGerari, ngokuba ingebhe ngoJehova yayiphezu kwabo; baphanga yonke imizi, ngokuba kwakukhona impango eningi kuyo.

15Bachitha namatende ezinkomo, bamuka nezimvu eziningi namakamela, babuyela eJerusalema.

## 2 iziKronike 15

### Isiprofetho sika-Azariya. Umkhosi wokubonga kuka-Asa

1UMoya kaNkulunkulu waba phezu kuka-Azariya indodana ka-Odedi;

2 waphuma ukuhlangabeza u-Asa, wathi kuye: Ngizweni, Asa, noJuda wonke, noBenjamini, uJehova unani, uma ninaye; uma nimfuna, uyakufunyanwa yinina; kepha uma nimshiya, uyakunishiya nani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Kwakuyizinsuku eziningi u-Israyeli engenaye uNkulunkulu oqinisileyo, namfundisi ofundisayo, namthetho;

4 kepha ekuhluphekeni kwabo baphendukela kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, bamfuna; wafunyanwa yibo.

5 Ngaleso sikhathi kwakungekho kuthula kophumayo nakongenayo, ngokuba ukuphaphatheka okukhulu kwakukhona phezu kwabo bonke abakhe ezweni.

6 Isizwe saphahlazwa yisizwe nomuzi ngumuzi, ngokuba uNkulunkulu wabesabisa ngezinkathazo zonke.

7Kepha nina yibani namandla, zingadangali izandla zenu, ngokuba umsebenzi wenu uyakuba nomvuzo wawo.

8Lapho u-Asa esezwa lawo mazwi nesiprofetho sika-Azariya ka-Odedi umprofethi, waziqinisa isibindi, wasusa izinengiso ezweni lonke lakwaJuda noBenjamini, nasemizini ayeyithathile ezintabeni zakwa-Efrayimi, walivusa i-altare likaJehova elaliphambi kompheme kaJehova.

9Wabutha wonke uJuda noBenjamini nabagogobele kubo bevela kwa-Efrayimi, nakwaManase, nakwaSimeyoni, ngokuba abaningi bahlubukela kuye bevela kwa-Israyeli, lapho bebona ukuthi uJehova uNkulunkulu wakhe unaye.

10Babuthana eJerusalema ngenyanga yesithathu ngomnyaka weshumi nanhlanu wokubusa kuka-Asa.

11 Bahlabela uJehova ngalolo suku empangweni ababeyilethile, izinkabi ezingamakhulu ayisikhombisa nezimvu eziyizinkulungwane eziyisikhombisa.

12 Bangena esivumelwaneni sokumfuna uJehova uNkulunkulu wawoyise ngayo yonke inhliziyo yabo nangawo wonke umphefumulo wabo,

13nesokuba bonke ababengamfuni uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli babulawe, noma bebancane noma bebakhulu, owesilisa noma owesifazane.

14Bafunga kuJehova ngezwi elikhulu, nangokukhamuluka, nangamacilongo, nangemitshingo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Wonke uJuda wathokoza ngesifungo, ngokuba babefungile ngayo yonke inhliziyo yabo, bamfuna ngakho konke ukufisa kwabo; wafunyanwa yibo; uJehova wabaphumuza nxazonke.

16 Wamsusa uMahakha unina ka-Asa inkosi ebukhosikazini, ngokuba wayemenzele u-Ashera isithombe esinengekayo; u-Asa wagawula isithombe sakhe, wasicolisisa, wasishisa ngasemfudlaneni iKidroni.

17Kodwa izindawo eziphakemeyo azisuswanga kwa-Israyeli; nokho inhliziyo ka-Asa yayiphelele zonke izinsuku zakhe.

18Wangenisa endlini kaNkulunkulu izinto ezingcwele zikayise nezinto zakhe ezingcwele: isiliva, negolide, nezitsha.

19Akwabe kusaba khona ukulwa kwaze kwaba semnyakeni wamashumi amathathu nanhlanu wokubusa kuka-Asa.

## 2 iziKronike 16

### Isivumelwano sika-Asa noBeni Hadadi

1 Ngomnyaka wamashumi amathathu nesithupha wokubusa kuka-Asa, uBahasha, inkosi yakwa-Israyeli, wakhuphuka ukuhlasela uJuda, wakha iRama, ukuze angavumeli muntu ukuphuma nokungena ku-Asa inkosi yakwaJuda.

2 U-Asa wakhipha isiliva negolide engcebeni yendlu kaJehova nasendlini yenkosi, wathumela kuBeni Hadadi, inkosi yase-Aramu owahlala eDamaseku, wathi:

3 Kukhona isivumelwano phakathi kwami nawe, njengalokho sasikhona phakathi kukababa noyihlo; bheka, ngithuma kuwe isiliva negolide; hamba waphule isivumelwano sakho noBahasha inkosi yakwa-Israyeli ukuba asuke kimi.

4UBeni Hadadi wayilalela inkosi u-Asa, wathuma izinduna zempi yakhe ukuba zihlasele imizi yakwa-Israyeli; zanqoba i-Ijoni, neDani, ne-Abela Mayimi, nayo yonke imizi yokubekelela yakwaNafetali.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[5]Kwathi lapho uBahasha esekuzwile lokho, wayeka ukwakha iRama, wamisa umsebenzi wakhe.

[6]Kepha u-Asa inkosi wahamba naye wonke uJuda; basusa amatshe aseRama nemithi yalo uBahasha ayelakhe ngakho; wakha ngakho iGeba neMispa.

### Isiprofetho sikaHanani

[7]Ngaleso sikhathi kweza uHanani, umboni ka-Asa, inkosi yakwaJuda, wathi kuye: Ngokuba wencike enkosini yase-Aramu, ungencikanga kuJehova uNkulunkulu wakho, ngalokho impi yenkosi yase-Aramu iphunyukile esandleni sakho.

[8] AmaKushe namaLubi ayengesiyo impi enkulu yini, inezinqola nabamahhashi abaningi kakhulu na? Kepha ngenxa yokwencika kwakho kuJehova wawanikela esandleni sakho.

[9] Ngokuba amehlo kaJehova aqalaza emhlabeni wonke ukuba abe namandla kwabanhliziyo yabo iphelele kuye; wenze ngobuwula kule nto, ngokuba kusukela manje uyakuba nokulwa njalo.

[10]U-Asa wacunuka ngomboni, wamfaka endlini yezitokisi, ngokuba wamfutha ngenxa yale nto. U-Asa wabadlova nabathile babantu ngaleso sikhathi.

### Ukugula nokufa kuka-Asa

[11]Bheka, izindaba zika-Asa, ezokuqala nezokugcina, bheka-ke, zilotshiwe encwadini yamakhosi akwaJuda nakwa-Israyeli.

[12]Ngomnyaka wamashumi amathathu nesishiyagalolunye wokubusa kwakhe u-Asa waba nesifo ezinyaweni zakhe; isifo sakhe sasinzima kakhulu; kepha akafunanga uJehova esifweni sakhe, izinyanga zodwa.

[13]U-Asa wayeselala koyise, wafa ngomnyaka wamashumi amane nanye wokubusa kwakhe.

[14] Bammbela emathuneni akhe owayeziqophele wona emzini kaDavide, bambeka embhedeni ogcwele iphunga elimnandi namakha ayizinhlobonhlobo, alungisiwe ngokwenza komthaki; bamenzela ukushisa kwempepho okukhulu kakhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

## 2 iziKronike 17

### UJehoshafati uyinkosi kwaJuda. Amandla akhe

1 UJehoshafati indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe, waziqinisa ukulwa no-Israyeli.

2 Wabeka amabutho emizini yonke ebiyelweyo yakwaJuda, wabeka amakhanda ezweni lakwaJuda, nasemizini yakwa-Efrayimi u-Asa uyise ayithathileyo.

3 UJehova wayenaye uJehoshafati, ngokuba wahamba ngezindlela zokuqala zikayise uDavide, akafunanga oBali,

4 kepha wafuna uNkulunkulu kayise, wahamba ngemiyalo yakhe, kungengakwenza kuka-Israyeli.

5 Ngalokho uJehova wawuqinisa umbuso esandleni sakhe; wonke uJuda wathela intela kuJehoshafati, wayenengcebo nodumo olukhulu.

6 Inhliziyo yakhe yaphakanyiswa ezindleleni zikaJehova; futhi wasusa izindawo eziphakemeyo nawo-Ashera kwaJuda.

7 Ngomnyaka wesithathu wokubusa kwakhe wathuma izikhulu zakhe oBeni Hayili, no-Obadiya, noZakariya, noNethaneli, noMikhaya ukuba zifundise emizini yakwaJuda,

8 zinamaLevi oShemaya, noNethaniya, noZebadiya, no-Asaheli, noShemiramoti, noJehonathani, no-Adoniya, noThobiya, noThobi Adoniya, amaLevi, beno-Elishama noJehoramu, abapristi.

9 Base befundisa kwaJuda benencwadi yomthetho kaJehova; bazungeza baya emizini yonke yakwaJuda, bafundisa phakathi kwabantu.

10 Kwehlela ingebhe ngoJehova phezu kwayo yonke imibuso yamazwe eyayinxazonke zakwaJuda, ayilwanga noJehoshafati.

11 AmaFilisti athile aletha izipho kuJehoshafati, nesiliva lentela; nabase-Arabiya baletha kuye imihlambi, izinqama eziyizinkulungwane eziyisikhombisa namakhulu ayisikhombisa nezimpongo eziyizinkulungwane eziyisikhombisa namakhulu ayisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[12]UJehoshafati wayelokhu ekhula njalo, waze waba mkhulu kakhulu; wakha izinqaba nemizi yokubekelela kwaJuda.

[13]Wayenemisebenzi eminingi emizini yakwaJuda kanye namadoda empi, amaqhawe anamandla, eJerusalema.

[14]Nakhu ukubalwa kwabo njengezindlu zawoyise: kwaJuda: izinduna zezinkulungwane: ngu-Adina induna, enamaqhawe anamandla ayizinkulungwane ezingamakhulu amathathu;

[15]emva kwakhe kwakunguJehohanani induna, enezinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi ayisihiyagalombili;

[16]emva kwakhe kwakungu-Amasiya indodana kaZikiri, owazinikela ngenhliziyo kuJehova, enamaqhawe anamandla ayizinkulungwane ezingamakhulu amabili;

[17]kwaBenjamini: ngu-Eliyada, iqhawe elinamandla, enabahlome iminsalo nezihlangu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili;

[18]emva kwakhe kwakunguJehozabadi, enabahlomele impi abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili.

[19]Yilabo ababekhonza inkosi ngaphandle kwalabo inkosi eyababeka emizini ebiyelweyo kulo lonke lakwaJuda.

## 2 iziKronike 18

### O-Ahabi noJehoshafati bahlasela i-Aramu. Ukufa kuka-Ahabi

[1] UJehoshafati wayenengcebo nodumo olukhulu, wahlangana ngobuhlobo no-Ahabi.

[2] Ngasekugcineni kweminyaka ethile wehlela ku-Ahabi eSamariya. U-Ahabi wamhlabela yena nabantu ababenaye izimvu nezinkabi eziningi, wamncenga ukuba akhuphukele eRamoti Gileyadi.

[3]U-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli wathi kuJehoshafati inkosi yakwaJuda: Uyakuhamba nami, siye eRamoti Gileyadi, na? Wathi kuye: Mina nginjengawe, abantu bami banjengabantu bakho; siyakuba nawe empini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 UJehoshafati wathi enkosini yakwa-Israyeli: Ake ubuze namuhla izwi likaJehova.

5 Inkosi yakwa-Israyeli yayisibutha abaprofethi, amadoda angamakhulu amane, yathi kubo: Sihambe siye yini eRamoti Gileyadi ukulwa, noma ngiliyeke na? Bathi: Khuphukani, ngokuba uNkulunkulu uyakulinikela esandleni senkosi.

6 Kepha uJehoshafati wathi: Akusekho mprofethi kaJehova lapha ukuba sibuze kuye na?

7 Inkosi yakwa-Israyeli yathi kuJehoshafati: Kusekhona umuntu munye esingabuza ngaye kuJehova, kodwa ngiyamzonda, ngokuba akazange aprofethe okuhle ngami, kepha okubi njalo; nguMikhaya indodana kaJimila. Wathi uJehoshafati: Inkosi mayingasho njalo.

8 Inkosi yakwa-Israyeli yayisibiza induna, yathi: Landa masinyane uMikhaya indodana kaJimila.

9 Inkosi yakwa-Israyeli noJehoshafati inkosi yakwaJuda babehlezi, kwaba yilowo nalowo esihlalweni sakhe sobukhosi, bembethe izambatho zabo, behlezi esibuyeni ngasesikhaleni sesango laseSamariya; bonke abaprofethi baprofetha phambi kwabo.

10 USedekiya indodana kaKhenahana wazenzela izimpondo zensimbi, wathi: Usho kanje uJehova, uthi: Ngalezi uyakuqhubukusha ama-Aramu aze aphele.

11 Bonke abaprofethi baprofetha kanje, bathi: Khuphukela eRamoti Gileyadi, ube nempumelelo, ngokuba uJehova uyakulinikela esandleni senkosi.

12 Isithunywa ebesihambile ukumbiza uMikhaya sakhuluma kuye, sathi: Bheka, amazwi abaprofethi mahle enkosini ngamlomo munye; ngalokho izwi lakho malibe njengelinye labo, ukhulume okuhle.

13 Kepha uMikhaya wathi: Kuphila kukaJehova, lokhu uNkulunkulu wami akushoyo, lokhu ngiyakukhuluma khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14Esefikile enkosini, inkosi yathi kuye: Mikhaya, sihambe silwe neRamoti
Gileyadi, noma ngiliyeke na? Wathi: Khuphukani, nibe nempumelelo;
bayakunikelwa esandleni senu.

15Yayisithi kuye inkosi: Ngiyakukufungisa izikhathi ezingaki ukuba
ungakhulumi lutho kimi ngaphandle kweqiniso egameni likaJehova na?

16Wayesethi: Ngabona wonke u-Israyeli ehlakazekile ezintabeni njengezimvu
ezingenamalusi; uJehova wathi: Laba abasenankosi; mababuyele, kube
yilowo nalowo endlini yakhe ngokuthula.

17Yayisithi inkosi yakwa-Israyeli kuJehoshafati: Angishongo yini kuwe ukuthi
akayikuprofetha okuhle ngami, okubi kuphela, na?

18UMikhaya wathi: Ngalokho yizwani izwi likaJehova: Ngambona uJehova
ehlezi esihlalweni sakhe sobukhosi, nebandla lonke lasezulwini limi
ngakwesokunene nangakwesokhohlo sakhe.

19UJehova wathi: Ngubani oyakuyenga u-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli ukuba
akhuphuke, afele eRamoti Gileyadi na? Omunye washo ukuthi nomunye
ukuthi.

20Kwavela umoya, wema phambi kukaJehova, wathi: Mina ngiyakumyenga.
UJehova wathi kuye: Ngantoni na?

21 Wathi: Ngiyakuphuma ngibe ngumoya wamanga emilonyeni yabaprofethi
bakhe bonke. Wathi: Uyakumyenga, futhi uyakumahlula; hamba, wenze
njalo.

22 Bheka, ngalokho uJehova ubekile umoya wamanga emilonyeni yalaba
baprofethi bakho; uJehova ukhulumile okubi ngawe.

23 USedekiya indodana kaKhenahana wayesesondela, wamshaya uMikhaya
esihlathini, wathi: UMoya kaJehova wasuka kimi ngaphi ukuba akhulume
kuwe na?

24Wathi uMikhaya: Bheka, uyakukubona ngalolo suku oyakungena ngalo
emakamelweni ngamakamelo ukuba ucashe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Inkosi yakwa-Israyeli yathi: Mthatheni uMikhaya, nimbuyisele ku-Amoni umbusi womuzi nakuJowashi indodana yenkosi,

26nithi: Isho kanje inkosi, ithi: Fakani lona etilongweni, nimuphe isinkwa sokuhlupheka namanzi okuhlupheka, ngize ngibuye ngokuphila.

27 Wayesethi uMikhaya: Uma ubuya impela ngokuphila, uyakube engakhulumanga ngami uJehova. Wathi futhi: Yizwani nina bantu bonke.

28Inkosi yakwa-Israyeli noJehoshafati inkosi yakwaJuda base bekhuphukela eRamoti Gileyadi.

29Inkosi yakwa-Israyeli yathi kuJehoshafati: Ngiyakuziguqula, ngingene ekulweni, kepha wena wembathe izambatho zakho. Yayisiziguqula inkosi yakwa-Israyeli, bangena ekulweni.

30Kepha inkosi yase-Aramu ibiyalile izinduna zezinqola zayo ngokuthi: Ningalwi namuntu, omncane noma omkhulu, kuphela nenkosi yakwa-Israyeli yodwa.

31Kwathi lapho izinduna zezinqola sezibonile uJehoshafati, zathi: Yena uyinkosi yakwa-Israyeli; zase ziphenduka ukuba zilwe nayo, kepha uJehoshafati wamemeza, uJehova wamsiza; uNkulunkulu wazimukisa kuye.

32Kwathi sezibonile izinduna zezinqola ukuthi yena akasiyo inkosi yakwa-Israyeli, zabuya ekumlandeleni.

33Kepha umuntu othile wansala umnsalo wakhe ngokungazeleli nje, wayihlaba inkosi yakwa-Israyeli enhlanganisweni yebhantshi lensimbi; yathi kumshayeli: Phenduka, ungikhiphe empini, ngokuba ngikhutshaziwe.

34Ukulwa kwaqina ngalolo suku; inkosi yakwa-Israyeli yasekelwa enqoleni yayo malungana nama-Aramu kwaze kwaba kusihlwa, yafa ngesikhathi sokushona kwelanga.

## 2 iziKronike 19

### Amazwi omprofethi uJehu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1UJehoshafati inkosi yakwaJuda wabuyela ngokuphila endlini yakhe eJerusalema.

2 UJehu, indodana kaHanani umboni, waphuma ukumhlangabeza, wathi enkosini uJehoshafati: Usiza yini ababi, uthanda abamzondayo uJehova na? Ngalokho intukuthelo iphezu kwakho ivela kuJehova.

3 Nokho kufunyaniswa kuwe nezinto ezinhle, ngokuba ususile o-Ashera ezweni, wabhekisa inhliziyo yakho ukuba ifune uNkulunkulu.

### UJehoshafati umisa abahluleli

4UJehoshafati wahlala eJerusalema, kepha wabuye waphuma, wahamba phakathi kwabantu, kusukela eBeri Sheba kuze kube sezintabeni, wababuyisela kuJehova uNkulunkulu wawoyise.

5 Wamisa abahluleli ezweni emizini yonke ebiyelweyo yakwaJuda, imizi ngemizi, wathi kubahluleli:

6 Bhekani enikwenzayo, ngokuba anahlulеleli umuntu kepha uNkulunkulu, onani ekwahluleleni.

7 Ngalokho ingebhe ngoJehova mayibe phezu kwenu; qaphelani nikwenze, ngokuba ukungalungi akukho kuJehova uNkulunkulu wethu, nokukhetha ubuso, nokwamukela umvuzo.

8 Futhi uJehoshafati wamisa eJerusalema kumaLevi nakubapristi nasezinhlokweni zawoyise bakwa-Israyeli abokwahlulela kukaJehova nabombango. Sebebuyela eJerusalema,

9wabayala wathi: Niyakwenze njalo ngokumesaba uJehova, ngeqiniso nangenhliziyo ephelelеyo.

10Yonke imibango efika kini ivela kubafowenu abahlala emizini yabo phakathi kwegazi negazi, noma phakathi komthetho nomyalo, noma phakathi kwezimiso nezahlulelo, niyakubaxwayisa ngayo ukuba bangabi nacala kuJehova, nehlelwe yintukuthelo nina nabafowenu; yenzani njalo, aniyikuba nacala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Bheka, u-Amariya umpristi omkhulu uphezu kwenu kuzo zonke izindaba
zikaJehova, noZebadiya indodana ka-Ishmayeli, umbusi wendlu yakwaJuda,
kuzo zonke izindaba zenkosi; namaLevi ayakuba yizinduna ngaphambi
kwenu. Yibani namandla ekwenzeni kwenu, uJehova uyakuba nabalungileyo.

## 2 iziKronike 20

### Ukunqoba kukaJehoshafati izitha zakhe

1Kwathi emva kwalokho kwafika abantwana bakwaMowabi nabantwana
bakwa-Amoni benabanye bamaMehuni kuJehoshafati, beyokulwa.

2Kwafika abanye, bamtshela uJehoshafati, bathi: Kusondela kuwe isixuku
esikhulu sivela phesheya kolwandle e-Aramu; bheka, sebeseHasasoni Thamari
eliyi-Eni Gedi.

3UJehoshafati wayeseshaywa luvalo, wabhekisa ubuso bakhe ukumfuna
uJehova, wamemezela ukuzila ukudla kulo lonke lwakwaJuda.

4UJuda wabuthana ukucela ukusizwa nguJehova; baphuma emizini yonke
yakwaJuda, bafika ukumfuna uJehova.

5UJehoshafati wema ebandleni lakwaJuda nelaseJerusalema endlini kaJehova
phambi kwegceke elisha,

6 wathi: Jehova Nkulunkulu wawobaba, wena awusiye uNkulunkulu
ezulwini, awusiye umbusi wemibuso yonke yabezizwe, na? Esandleni sakho
kukhona amandla negunya, akakho ongamelana nawe.

7Awuxoshanga yini, Nkulunkulu wethu, abakhileyo kuleli zwe phambi
kwabantu bakho u-Israyeli, wanika lona inzalo ka-Abrahama umngane wakho
kuze kube phakade, na?

8Bahlala kulo, bakwakhela kulo indlu engcwele ibe ngeyegama lakho, bethi:

9 Uma sehlelwa ngokubi, inkemba, nokwahlulelwa, nesifo, nendlala,
siyakuma phambi kwale ndlu naphambi kwakho, ngokuba igama lakho likule
ndlu, sikhale kuwe ekuhluphekeni kwethu, uyakuzwa, usisindise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Bheka, manje abantwana bakwa-Amoni nabakwaMowabi nabasentabeni
yaseSeyiri, ongavumelanga u-Israyeli ukubangenela ekuphumeni kwakhe
ezweni laseGibithe, kepha wabachezukela, akabachithanga,

11bheka, ukusivuza kwabo ukuba bafike ukusixosha efeni lakho osinike lona
ukuba silidle.

12 Nkulunkulu wethu, awuyikubahlulela na? Ngokuba asinamandla ebusweni
balesi sixuku esikhulu esisifikelayo; futhi asazi ukuthi siyakwenze njani,
kodwa amehlo ethu akuwe.

13Wonke uJuda wayemi phambi kukaJehova, nezingane zabo, nawomkabo,
namadodana abo.

14Kwase kufika uMoya kaJehova phezu kukaJahaziyeli kaZakariya kaBenaya
kaJehiyeli kaMathaniya umLevi, emadodaneni ka-Asafa phakathi kwebandla,

15wathi: Yizwani nina nonke bakwaJuda, nabakhileyo eJerusalema, nawe
nkosi Jehoshafati: usho kanje kini uJehova, uthi: Ningesabi, ningapheli
amandla ngenxa yalesi sixuku esikhulu, ngokuba impi ayisiyo eyenu,
ngekaNkulunkulu.

16Yehlelani kubo kusasa; bhekani, bayakukhuphuka ngommango waseSisi;
niyakubafumana ekugcineni kwesigodi ngaphambi kwehlane laseJeruweli.

17 Akusikho okwenu ukulwa kule mpi; zihleleni, nime, nibone ukunisindisa
kukaJehova, nina Juda neJerusalema; ningesabi, ningapheli amandla;
phumelani kubo kusasa, ngokuba uJehova unani.

18Wayesekhothama uJehoshafati, ubuso bakhe bubheke phansi; wonke uJuda
nabakhileyo eJerusalema bawa phambi kukaJehova bekhuleka kuJehova.

19AmaLevi abantwana bamaKohati nawabantwana bamaKorahi asukuma
ukumdumisa uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngezwi elikhulu kakhulu.

20 Bavuka ekuseni, baphuma baya ehlane laseThekhowa; ekuphumeni kwabo
uJehoshafati wema, wathi: Ngizweni, Juda nani bakhileyo eJerusalema!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

Kholwani nguJehova uNkulunkulu wenu, niyakuqiniswa; kholwani ngabaprofethi bakhe, niyakuphumelela.

21 Eselulekene nabantu wamisa abayakuhlabelela kuJehova ukuba bamdumise behlotshisiwe ngobungcwele, besaphuma ngaphambi kwempi, bathi: Bongani uJehova, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

22 Lapho sebeqala ukuhalalisa nokudumisa, uJehova wabeka abaqamekeli babantwana bakwa-Amoni, nabakwaMowabi, nabaseSeyiri, ababefikele uJuda, banqotshwa.

23 Abantwana bakwa-Amoni nabakwaMowabi bamelana nabakhileyo entabeni yaseSeyiri ukuba babachithe, babaqothule; sebebaqedile abakhileyo eSeyiri basiza, kwaba yilowo nalowo, ngokubulalana bodwa.

24 UJuda esefike embonisweni wasehlane, babheka isixuku; bheka, babe yizidumbu nje eziwele phansi, akusindanga noyedwa.

25 Lapho uJehoshafati nabantu bakhe befika ukuqoqa impango kubo, bafumanisa phakathi kwabo ubuningi bengcebo nezidumbu nezinto ezinxanelekayo, bazihlubulela zona, kwaze kwangabakho ongazithwala; kwaba yizinsuku ezintathu beqoqa impango, ngokuba yayiningi kangaka.

26 Ngosuku lwesine babuthana esiGodini saseBerakha, ngokuba bambonga uJehova khona; ngalokho igama laleyo ndawo labizwa ngokuthi isiGodi saseBerakha kuze kube namuhla.

27 Base bebuya bonke abantu bakwaJuda nabaseJerusalema, uJehoshafati ephambi kwabo, ukuba babuyele eJerusalema ngentokozo, ngokuba uJehova wayesebathokozisile phezu kwezitha zabo.

28 Bafika-ke eJerusalema benezingubhu namahabhu namacilongo endlini kaJehova.

29 Ingebhe ngoNkulunkulu yaba phezu kwayo yonke imibuso yamazwe, lapho isizwile ukuthi uJehova wayelwile nezitha zakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

30Umbuso kaJehoshafati wawusuzola, ngokuba uNkulunkulu wakhe wamnika ukuphumula nxazonke.

31 UJehoshafati wabusa-ke phezu kukaJuda; wayeneminyaka engamashumi amathathu nanhlanu ekuqaleni kwakhe ukubusa; wabusa iminyaka engamashumi amabili nanhlanu eJerusalema; igama likanina lalingu-Azuba indodakazi kaShilehi.

32Wahamba ngendlela ka-Asa uyise, kaphambukanga kuyo, ekwenza okulungile emehlweni kaJehova.

33Kepha izindawo eziphakemeyo azisuswanga; futhi abantu babengabhekisanga izinhliziyo zabo kuNkulunkulu wawoyise.

34 Ezinye izindaba zikaJehoshafati, ezokuqala nezokugcina, bheka, zilotshiwe ezindabeni zikaJehu indodana kaHanani ezifakwe encwadini yamakhosi akwa-Israyeli.

35Emva kwalokho uJehoshafati, inkosi yakwaJuda, wazihlanganisa no-Ahaziya inkosi yakwa-Israyeli; yena wayekwenza okubi impela;

36wazihlanangisa naye ukwenza imikhumbi yokuya eTharishishi; bayenza imikhumbi e-Esiyoni Geberi.

37U-Eliyezeri indodana kaDodavahu waseMaresha waprofetha ngoJehoshafati ngokuthi: Ngenxa yokuba uzihlanganisile no-Ahaziya, uJehova uyakudiliza imisebenzi yakho. Yaphuka-ke imikhumbi, yathiyeka ukuya eTharishishi.

## 2 iziKronike 21

### UJehoramu uyinkosi kwaJuda

1 UJehoshafati wayeselala koyise, wembelwa koyise emzini kaDavide; uJehoramu, indodana yakhe, waba yinkosi esikhundleni sakhe.

2Wayenabafowabo, amadodana kaJehoshafati: ngo-Azariya, noJehiyeli, noZakariya, no-Azariyahu, noMikayeli, noShefathiya; bonke labo babengamadodana kaJehoshafati inkosi yakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Uyise wabanika izipho ezinkulu zesiliva nezegolide, namagugu kanye nemizi ebiyelweyo kwaJuda, kepha umbuso wawunika uJehoramu, ngokuba wayeyizibulo.

4UJehoramu esemile embusweni kayise, eseziqinisile, wabulala bonke abafowabo ngenkemba kanye nabathile bezikhulu zakwa-Israyeli.

5UJehoramu wayeneminyaka engamashumi amathathu nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyisishiyagalombili eJerusalema.

6Wahamba ngendlela yamakhosi akwa-Israyeli njengokwenza kwendlu ka-Ahabi, ngokuba indodakazi ka-Ahabi yayingumkakhe; wenza okubi emehlweni kaJehova.

7 Kepha uJehova akathandanga ukuchitha indlu kaDavide ngenxa yesivumelwano asenzayo noDavide, njengokusho kwakhe ukuthi uyakumnika yena nabantwana bakhe isibani izinsuku zonke.

8 Emihleni yakhe u-Edomi wahlubuka phansi kwesandla sakwaJuda, wazibekela inkosi.

9Wayesewela uJehoramu nezinduna zakhe, nazo zonke izinqola zakhe zinaye; wavuka ebusuku, wabachitha abakwa-Edomi abamhaqileyo kanye nezinduna zezinqola.

10Wahlubuka-ke u-Edomi phansi kwesandla sakwaJuda kuze kube namuhla; khona lahlubuka neLibina ngasona leso sikhathi phansi kwesandla sakhe, ngokuba wayemshiyile uJehova uNkulunkulu wawoyise.

11Futhi wenza izindawo eziphakemeyo ezindaweni zakwaJuda, wenza ukuba abakhileyo eJerusalema baphinge, wayenga uJuda.

12Kwafika kuye incwadi iphuma ku-Eliya umprofethi, ithi: Usho kanje uJehova uNkulunkulu kaDavide uyihlo, uthi: Ngokuba ungahambanga ngezindlela zikaJehoshafati uyihlo nangezindlela zika-Asa inkosi yakwaJuda,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[13]kepha uhambe ngendlela yamakhosi akwa-Israyeli, wenza uJuda nabakhileyo eJerusalema ukuba baphinge njengokwenza kwendlu ka-Ahabi, futhi wabulala abafowenu bendlu kayihlo abahle kunawe,

[14]bheka, uJehova uyakushaya ngokushaya okukhulu abantu bakho nabantwana bakho, nawomkakho, nayo yonke impahla yakho,

[15]wena wehlelwe yisifo esikhulu, isifo sezibilini, ukuze izibilini zakho ziphume ngesifo ekuhambeni kwezinsuku.

[16]UJehova wavusa umoya wamaFilisti nowabase-Arabiya abaseceleni kwamaKushe ngoJehoramu;

[17]bakhuphukela ukulwa noJuda, bafohlela kuye, basusa yonke impahla eyayifumaniseka endlini yenkosi kanye namadodana akhe nawomkakhe; akusalanga ndodana kuyo, uJehowahazi omncane emadodaneni ayo kuphela.

[18]Emva kwakho konke lokho uJehova wamshaya ezibilinini zakhe ngesifo esingenakwelashwa.

[19] Kwathi ekuhambeni kwezinsuku ngesikhathi sokufika ekugcineni kweminyaka emibili, izibilini zakhe zaphuma kuye ngesifo sakhe, wafa ngobuhlungu obukhulu. Abantu bakhe abamshiselanga lutho njengokushiselwa kwawoyise.

[20] Wayeneminyaka engamashumi amathathu nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyisihiyagalombili eJerusalema, wamuka engakhalelwanga muntu; bammbela emzini kaDavide, kepha kungesemathuneni amakhosi.

## 2 iziKronike 22

### U-Ahaziya uyinkosi kwaJuda

[1] Abakhileyo eJerusalema babeka u-Ahaziya indodana yakhe encane inkosi esikhundleni sakhe, ngokuba iviyo lababefike ekamu nabase-Arabiya lalibulele bonke abokuqala. Wayesebusa-ke u-Ahaziya indodana kaJehoramu inkosi yakwaJuda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2U-Ahaziya wayeneminyaka engamashumi amane nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa umnyaka eJerusalema; igama likanina lalingu-Athaliya indodakazi ka-Omri.

3Naye wahamba ngezindlela zendlu ka-Ahabi, ngokuba unina wayengomeluleka ukwenza okubi.

4Wenza okubi emehlweni kaJehova njengokwenza kwendlu ka-Ahabi, ngokuba bona babengabamelulekayo emva kokufa kukayise, kwaba ngukuchithwa kwakhe.

5Futhi wahamba ngeziluleko zabo, lapho ehamba noJehoramu, indodana ka-Ahabi, inkosi yakwa-Israyeli, ukulwa noHazayeli inkosi yase-Aramu eRamoti Gileyadi; ama-Aramu amlimaza uJoramu.

6 Wabuyela ukwelashwa eJizreyeli ngenxa yamanxeba ayemlimaze wona eRama ekulweni kwakhe noHazayeli inkosi yase-Aramu. U-Azariya indodana kaJehoramu, inkosi yakwaJuda, wehla ukumbona uJehoramu indodana ka-Ahabi eJizreyeli, ngokuba wayegula.

7 Ukubhubha kuka-Ahaziya kwavela kuNkulunkulu ekuyeni kwakhe kuJoramu, ngokuba lapho esefikile khona waphuma noJehoramu ukulwa noJehu indodana kaNimishi, amgcobileyo uJehova ukuba anqume indlu ka-Ahabi.

8 Kwathi lapho uJehu ahlulela indlu ka-Ahabi, wafumanisa izikhulu zakwaJuda namadodana abafowabo baka-Ahaziya ababekhonza u-Ahaziya; wababulala.

9 Wamfuna u-Ahaziya, bambamba; wayecashile eSamariya bamletha kuJehu, bambulala; bammbela, ngokuba bathi: Uyindodana kaJehoshafati owamfuna uJehova ngenhliziyo yakhe yonke. Indlu ka-Ahaziya yayingasenamandla okuwugcina umbuso.

### U-Athaliya ungumbusi

10 Kepha u-Athaliya, unina ka-Ahaziya, esebonile ukuthi indodana yakhe ifile wasuka wachitha yonke imbewu yobukhosi yendlu kaJuda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

11Kodwa uJehoshabeyati, indodakazi yenkosi, wamthatha uJowashi indodana ka-Ahaziya, wameba phakathi kwamadodana enkosi abulawayo, wambeka nomzanyana wakhe ekamelweni lokulala. UJehoshabeyati, indodakazi yenkosi uJehoramu, umkaJehoyada umpristi -- ngokuba wayengudadewabo ka-Ahaziya -- wamfihla ebusweni buka-Athaliya, ukuze angambulali.

12Wayenabo ethukusiwe endlini kaNkulunkulu iminyaka eyisithupha; u-Athaliya wabusa ezweni.

## 2 iziKronike 23

### UJowashi uyinkosi. U-Athaliya uyabulawa

1 Ngomnyaka wesikhombisa uJehoyada waziqinisa, wazithathela izinduna zamakhulu, u-Azariya indodana kaJerohamu, no-Ishmayeli indodana kaJehohanani, no-Azariya indodana ka-Obede, noMahaseya indodana ka-Adaya, no-Elishafati indodana kaZikiri, zenza isivumelwano naye.

2Zazungeza kwaJuda, zabutha amaLevi emizini yonke yakwaJuda, nezinhloko zawoyise bakwa-Israyeli, bafika eJerusalema.

3 Lonke ibandla lenza isivumelwano nenkosi endlini kaNkulunkulu; uJehoyada wathi: Bhekani, indodana yenkosi iyakubusa njengokukhuluma kukaJehova ngamadodana kaDavide.

4Nansi into eniyakuyenza: abesithathu kini abangena ngesabatha, ababapristi nabamaLevi, bayakuba ngabalindisango,

5abesithathu babe sendlini yenkosi, abesithathu babe seSangweni Lesisekelo, bonke abantu babe semagcekeni endlu kaJehova.

6Makungangeni muntu endlini kaJehova ngaphandle kwabapristi namaLevi akhonzayo; bona bangangena, ngokuba bangcwele; kepha bonke abantu bayakugcina izimfanelo zikaJehova.

7AmaLevi ayakuyizungeza inkosi nxazonke, yilowo nalowo abe nezikhali zakhe esandleni sakhe; ongena endlini makabulawe; yibani nenkosi ekungeneni kwayo nasekuphumeni kwayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8AmaLevi naye wonke uJuda benza njengakho konke uJehoyada umpristi ayale ngakho, bathatha, kwaba yilowo nalowo abantu bakhe ababeyakungena ngesabatha kanye nababeyakuphuma ngesabatha, ngokuba uJehoyada umpristi akamukisanga izigaba.

9UJehoyada umpristi wanikela ezinduneni zamakhulu imikhonto namahawu nezihlangu okwakungokwenkosi uDavide, kusendlini kaNkulunkulu.

10Wamisa abantu bonke, kwaba yilowo nalowo enesikhali sakhe esandleni sakhe, kusukela ohlangothini lokunene lwendlu kuze kube sohlangothini lwesokhohlo lwendlu, ngase-altare nasendlini nxazonke zenkosi.

11 Base beyikhipha indodana yenkosi, wayifaka umqhele, wayinika ubufakazi, bayibeka inkosi; uJehoyada namadodana akhe bayigcoba bathi: Mana njalo, nkosi.

12U-Athaliya esezwa ukumemeza kwabantu begijima beyidumisa inkosi, waya kubantu endlini kaJehova,

13 wabuka; bheka, inkosi yayimi ngasensikeni yayo ekungeneni, izikhulu nabamacilongo bengasenkosini; bonke abantu bezwe bathokoza, bakhalisa amacilongo; abahlabeleli babetha izinto zokubethwa, bahola ukuhlabelela kwendumiso. U-Athaliya wayeseklebhula izingubo zakhe, wathi: Ngugobe! Ngugobe!

14UJehoyada wayesezikhipha izinduna zamakhulu ezazibekwe phezu kwempi, wathi kuzo: Mkhipheni endlini, nimngenise phakathi kwezinhla; omlandelayo nimbulale ngenkemba; ngokuba umpristi wathi: Ningambulali endlini kaJehova.

15Base bemdedela nxazombili, waya ekungeneni kwesango lamahhashi endlini yenkosi; bambulala khona.

16UJehoyada wenza isivumelwano phakathi kwakhe nabantu bonke nenkosi ukuba babe ngabantu bakaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Bonke abantu baya endlini kaBali, bayibhidliza, baphahlaza ama-altare akhe nezithombe zakhe, babulala uMathani umpristi kaBali phambi kwama-altare.

18 UJehoyada wamisa ababonisi bendlu kaJehova ngesandla sabapristi bamaLevi uDavide abahlukanisile endlini kaJehova bokunikela ngeminikelo yokushiswa kuJehova njengokulotshiweyo emthethweni kaMose, ngentokozo nangokuhlabelela, njengokuhlela kukaDavide.

19Wamisa abalindisango emasangweni endlu kaJehova ukuba kungangeni ongcolile noma ngantoni.

20Wazithatha izinduna zamakhulu, nabakhulu, nababusi babantu, nabo bonke abantu bezwe, wayehlisa inkosi endlini kaJehova, bafika ngesango lasenhla endlini yenkosi, bayibeka inkosi esihlalweni sobukhosi sombuso.

21Bonke abantu bezwe bathokoza; umuzi wazola; bambulala u-Athaliya ngenkemba.

## 2 iziKronike 24

### UJowashi uyinkosi kwaJuda. Ukulungiswa kwethempeli

1 UJowashi wayeneminyaka eyisikhombisa ekuqaleni kwakhe ukubusa; wabusa iminyaka engamashumi amane eJerusalema; igama likanina lalinguSibiya waseBeri Sheba.

2UJowashi wenza okulungile emehlweni kaJehova zonke izinsuku zikaJehoyada umpristi.

3UJehoyada wamthathela abafazi ababili; wazala amadodana namadodakazi.

4Kwathi emva kwalokho kwakusenhliziyweni kaJowashi ukuvusa indlu kaJehova.

5Wabutha abapristi namaLevi, wathi kubo: Phumani niye emizini yakwaJuda, niqoqe ku-Israyeli wonke imali yokulungisa indlu kaNkulunkulu wenu iminyaka ngeminyaka, niyisheshise le ndaba. Kepha amaLevi awasheshanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Inkosi yayisibiza uJehoyada inhloko, yathi kuye: Awubizanga ngani kumaLevi ukuba alethe kwaJuda naseJerusalema intela kaMose inceku kaJehova neyebandla lika-Israyeli, ibe ngeyetende lobufakazi na?

7 Ngokuba amadodana ka-Athaliya, owesifazane lowo omubi, ayeyichithile indlu kaNkulunkulu, nezinto zonke ezingcwele zendlu kaJehova azenza ukuba zibe ngezikaBali.

8 Yayisikhuluma inkosi, benza umphongolo, bawubeka ngaphandle ngasesangweni lendlu kaJehova.

9 Kwase kumenyezelwa kwaJuda naseJerusalema ukuba balethe kuJehova intela uMose inceku kaNkulunkulu ayibeke phezu kuka-Israyeli ehlane.

10 Zonke izikhulu nabo bonke abantu bathokoza, bayiletha, bayiphonsa emphongolweni, baze baqeda.

11 Kwathi ngesikhathi umphongolo owayiswa ngaso ezinduneni zenkosi ngesandla samaLevi, nalapho zibona ukuthi imali iningi, umbhali wenkosi nenduna yompristi omkhulu beza, bawuthulula umphongolo, bawuthatha, bawubuyisela endaweni yawo. Benze njalo imihla ngemihla, baqoqa imali eningi.

12 Inkosi noJehoyada bayinika abenza umsebenzi wenkonzo endlini kaNkulunkulu, baqasha abakhi nababazi ukuvusa indlu kaJehova, nabasebenza ngensimbi nethusi ukuba baqinise indlu kaJehova.

13 Zase zisebenza-ke izisebenzi, zalungisa zaqeda ngezandla zazo, zayimisa indlu kaNkulunkulu ngezilinganiso zayo, zayiqinisa.

14 Sebeqedile baletha imali eseleyo phambi kwenkosi noJehoyada, benza ngayo izitsha zendlu kaJehova, izitsha zokukhonzela nezokunikelela, nezinkezo, nezinye izitsha zegolide nezesiliva. Banikela ngeminikelo yokushiswa endlini kaJehova njalo zonke izinsuku zikaJehoyada.

15 Kodwa uJehoyada waguga, wafa esanelisiwe yizinsuku; wayeneminyaka eyikhulu namashumi amathathu ekufeni kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Bammbela emzini kaDavide phakathi kwamakhosi, ngokuba wayenze okuhle kwa-Israyeli, nakuNkulunkulu, nasendlini yakhe.

17Emva kokufa kukaJehoyada kwafika izikhulu zakwaJuda, zakhuleka enkosini; khona inkosi yazilalela.

18Bayishiya indlu kaJehova uNkulunkulu wawoyise, bakhonza o-Ashera nezithombe; uJuda neJerusalema kwehlelwa yintukuthelo ngaleli cala labo.

19Kepha wathuma abaprofethi kubo ukuba bababuyisele kuJehova; babaxwayisa, kepha kababekanga ndlebe.

20 UMoya kaNkulunkulu wembesa uZakariya indodana kaJehoyada umpristi; wema ngaphezu kwabantu, wathi kubo: Usho kanje uNkulunkulu, uthi: Neqelani imiyalo kaJehova ukuba ningabi nampumelelo na? Ngokuba nimshiyile uJehova, naye unishiyile nina.

21 Bamenzela ugobe, bamkhanda ngamatshe ngesiyalezo senkosi egcekeni lendlu kaJehova.

22UJowashi, inkosi, akakhumbulanga umusa uJehoyada amenzele wona, wabulala indodana yakhe. Ekufeni kwakhe wathi: UJehova makakubone lokhu, akuphindisele.

23 Kwathi ngasekupheleni komnyaka impi yase-Aramu yakhuphukela kuye, yafika kwaJuda naseJerusalema, yabhubhisa zonke izikhulu zabantu phakathi kwabantu, yathuma yonke impango yazo enkosini yaseDamaseku.

24Ngokuba impi yase-Aramu yafika neviyo elincane labantu, nokho uJehova wanikela impi enkulu kakhulu esandleni sabo, ngokuba babemshiyile uJehova uNkulunkulu wawoyise. Base bemahlulela uJowashi.

25 Lapho sebemukile kuye ngokuba bamshiya egula kakhulu izinceku zakhe zamenzela ugobe ngenxa yegazi lamadodana kaJehoyada umpristi, zambulala embhedeni wakhe, wafa; bammbela emzini kaDavide, kodwa abammbelanga emathuneni amakhosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[26]Nampa ababemenzela ugobe: nguZabadi indodana kaShimeyati umAmonikazi noJehozabadi indodana kaShimriti umMowabikazi.

[27]Ngamadodana akhe, nangobukhulu bemithwalo phezu kwakhe, nangokuvuswa kwendlu kaNkulunkulu, bheka, kulotshiwe esichasiselweni sencwadi yamakhosi. U-Amasiya indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 iziKronike 25

### U-Amasiya uyinkosi kwaJuda. Unqoba abakwa-Edomi. Unqotshwa nguJowashi inkosi yakwa-Israyeli

[1] U-Amasiya wayeneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi amabili nesishiyagalolunye eJerusalema; igama likanina lalinguJehohadani waseJerusalema.

[2]Wenza okulungile emehlweni kaJehova, kungenganhliziyo epheleleyo kodwa.

[3] Kwathi lapho umbuso usuqinisiwe kuye, wazibulala izinceku zakhe ezaziyibulele inkosi uyise.

[4] Kodwa akabulalanga abantwana bazo, kepha wenza njengokulotshiweyo emthethweni encwadini kaMose njengokuyala kukaJehova ngokuthi: Oyise abayikubulawa ngenxa yabantwana, nabantwana abayikubulawa ngenxa yawoyise, kepha yilowo nalowo uyakufa ngesakhe isono.

[5] Futhi u-Amasiya wabutha uJuda, wabamisa ngokwezindlu zawoyise phansi kwezinduna zezinkulungwane nezinduna zamakhulu, oJuda wonke noBenjamini; wababala kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, wabafumana beyizinkulungwane ezingamakhulu amathathu abakhethekileyo abangaphuma impi nabangaphatha umkhonto nesihlangu.

[6]Waqasha kwa-Israyeli amaqhawe anamandla ayizinkulungwane eziyikhulu ngamatalenta ayikhulu esiliva.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[7]Kepha kwafika kuye umuntu kaNkulunkulu, wathi: Nkosi, impi yakwa-Israyeli mayingahambi nawe, ngokuba uJehova akasenaye u-Israyeli nabo bonke abantwana bakwa-Efrayimi,

[8]kepha noma kuhamba wena, ukwenza, uziqinisela impi; uNkulunkulu uyakukuwisa phansi ebusweni bezitha. Ngokuba uNkulunkulu unamandla okuwisa phansi nokusiza.

[9]U-Amasiya wayesethi kulowo muntu kaNkulunkulu: Kepha siyakwenze njani ngamatalenta ayikhulu engiwanike impi yakwa-Israyeli na? Umuntu kaNkulunkulu wathi: UJehova unamandla okukunika okuningi kunalokho.

[10]U-Amasiya wayeseyahlukanisa impi ebifike kuye ivela kwa-Efrayimi ukuba iye ekhaya; ngalokho ulaka lwabo lwavuthela kakhulu uJuda, babuyela ekhaya bevutha ulaka.

[11] U-Amasiya waziqinisa, wahola abantu bakhe, waya esiGodini Sikasawoti, wabulala abantwana baseSeyiri abayizinkulungwane eziyishumi.

[12]Abayizinkulungwane eziyishumi bathunjwa ngabantwana bakwaJuda besezwa, babayisa esiqongweni sesiwa, babaphonsa phansi besesiqongweni sesiwa, baphihlizeka bonke.

[13]Kepha abantu bempi ababebuyiselwe emuva ngu-Amasiya ukuba bangaphumi impi naye baphundla imizi yakwaJuda kusukela eSamariya kuze kube seBeti Horoni, babulala kuyo izinkulungwane ezintathu, bathatha impango eningi.

[14]Kwathi u-Amasiya esebuyile ekubulaleni abakwa-Edomi, waletha onkulunkulu babantwana baseSeyiri, wabamisa babe ngonkulunkulu bakhe, wakhothama phambi kwabo, wabashisela impepho.

[15]Ngalokho intukuthelo kaJehova yamvuthela u-Amasiya, wathuma umprofethi kuye owathi kuye: Ufuneleni onkulunkulu babantu abangophulanga abantu babo esandleni sakho na?

[16]Kwathi esakhuluma naye, wathi kuye: Sikubeke umluleki wenkosi na? Yeka, ubuyakubulawelani na? Wayeseyeka umprofethi, wathi: Ngiyazi ukuthi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

uNkulunkulu unqumile ukukubhubhisa, ngokuba wenzile lokho, ungalalelanga isiluleko sami.

17 U-Amasiya, inkosi yakwaJuda, eselulekiwe wathumela kuJowashi indodana kaJehowahazi kaJehu, inkosi yakwa-Israyeli, wathi: Woza sibhekane ubuso nobuso.

18UJowashi, inkosi yakwa-Israyeli, wathumela ku-Amasiya inkosi yakwaJuda, wathi: Isihlahla somkhaya saseLebanoni sathumela kumsedari waseLebanoni, sathi: Nika indodana yami indodakazi yakho ibe ngumkayo. Kwadlula isilo sasendle saseLebanoni, sanyathela phansi isihlahla somkhaya.

19Uthi: Bheka, ngichithile u-Edomi; inhliziyo yakho iyakuphakamisa ukuba uzidumise; hlala ekhaya manje; uzilebelani ukuba uwe wena, noJuda ekanye nawe, na?

20Kepha u-Amasiya akalalelanga, ngokuba kwavela kuNkulunkulu ukuba abanikele esandleni sezitha zabo, ngokuba babefunile onkulunkulu bakwa-Edomi.

21Wayesekhuphuka uJowashi inkosi yakwa-Israyeli; yena no-Amasiya inkosi yakwaJuda babhekana ubuso nobuso eBeti Shemeshi elingelakwaJuda.

22UJuda wahlulwa phambi kuka-Israyeli; babaleka, kwaba yilowo nalowo etendeni lakhe.

23UJowashi inkosi yakwa-Israyeli wambamba u-Amasiya inkosi yakwaJuda indodana kaJowashi kaJehowahazi eBeti Shemeshi, wamyisa eJerusalema, wadiliza ugange lwaseJerusalema kusukela eSangweni lakwa-Efrayimi kuze kube seSangweni Lasegumbini, izingalo ezingamakhulu amane.

24 Wathatha lonke igolide nesiliva, nazo zonke izitsha ezafunyanwa endlini kaJehova ku-Obede Edomi, nengcebo yendlu yenkosi, nabayisibambiso, wabuyela eSamariya.

25 U-Amasiya indodana kaJowashi, inkosi yakwaJuda, wayesekhona emva kokufa kukaJowashi indodana kaJehowahazi, inkosi yakwa-Israyeli, iminyaka eyishumi nanhlanu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[26]Ezinye izindaba zika-Amasiya, ezokuqala nezokugcina, bheka, angithi zilotshiwe encwadini yamakhosi akwaJuda nakwa-Israyeli na?

[27]Kusukela esikhathini u-Amasiya aphambuka ngaso ekumlandeleni uJehova bamenzela ugobe eJerusalema; wabalekela eLakishi, kepha bathumela bamlanda eLakishi, bambulala khona.

[28]Bamthwala ngamahhashi, bammbela koyise emzini wakwaJuda.

## 2 iziKronike 26

### U-Uziya uyinkosi kwaJuda. Impi yakhe namandla akhe. Uchoko lwakhe

[1] Bonke abantu bakwaJuda bathatha u-Uziya owayeneminyaka eyishumi nesithupha, bambeka inkosi esikhundleni sikayise u-Amasiya.

[2]Yena wakha i-Eloti, walibuyisela kuJuda, inkosi isilele koyise.

[3] U-Uziya wayeneminyaka eyishumi nesithuha ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi ayisihlanu nambili eJerusalema; igama likanina lalinguJekoliya waseJerusalema.

[4] Wenza okulungile emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo uyise u-Amasiya.

[5]Wayelokhu emfuna uNkulunkulu emihleni kaZakariya owafundisa ekumesabeni uJehova; emihleni yokumfuna kwakhe uJehova, uNkulunkulu wamhlahlamelisa.

[6]Waphuma walwa namaFilisti, wadiliza ugange lwaseGati, nogange lwaseJabine, nogange lwase-Ashidodi; wakha imizi kwelase-Ashidodi naphakathi kwamaFilisti.

[7]UNkulunkulu wamsiza kumaFilisti, nakwabase-Arabiya ababehlala eGuri Bali, nakumaMehuni.

[8]Abakwa-Amoni bathela intela ku-Uziya; igama lakhe lahamba laze lafika nasekuyeni eGibithe, ngokuba waba namandla kakhulu.

[9] U-Uziya wakha nemibhoshongo eJerusalema ngaseSangweni Lasegumbini, nangaseSangweni Lasesigodini, nangaseNqutshini, wayiqinisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[10]Wakha imibhoshongo ehlane, wemba imigodi eminingi yamanzi, ngokuba wayenezinkomo eziningi ehlanzeni nasethafeni, wayenabalimi nabaphathi bezivini ezintabeni naseKarmeli, ngokuba wayengothanda umhlabathi.

[11]U-Uziya wayenempi elwayo eyaphuma ukulwa ngamaviyo njengomumo wokubalwa kwabo ngesandla sikaJehiyeli, umbhali, noMahaseya, umbusi phansi kwesandla sikaHananiya, enye yezinduna zenkosi.

[12]Umumo wonke wezinhloko zawoyise, amaqhawe anamandla, wawuyizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisithupha.

[13]Phansi kwezandla zabo kwakukhona impi enamandla eyizinkulungwane ezingamakhulu amathathu nezinkulungwane eziyisikhombisa namakhulu ayisihlanu, eyalwa ngamandla amakhulu ukuba isize inkosi ezitheni.

[14]U-Uziya walungisela impi yonke izihlangu, nemikhonto, nezigqoko, namabhantshi, neminsalo, namatshe endwayimana.

[15]Wenza eJerusalema imishini eyaqanjwa ngokuhlakanipha ukuba ibe phezu kwemibhoshongo nasezingosini, kuphonswe ngayo imicibisholo namatshe amakhulu. Igama lakhe laphumela ekudeni, ngokuba wasizwa ngokumangalisayo waze waba namandla.

[16]Kepha lapho eseziqinisile, inhliziyo yakhe yazikhukhumeza kwaze kwaba ngukubhubha kwakhe, waphambuka kuJehova uNkulunkulu wakhe, wangena ethempelini likaNkulunkulu ukuba ashise impepho e-altare lempepho.

[17] U-Azariya umpristi wangena emva kwakhe, bekhona kanye naye abapristi bakaJehova abangamashumi ayisishiyagalombili, amadoda anamandla;

[18] bamelana no-Uziya inkosi, bathi kuye: Akusikho okwakho, Uziya, ukushisela uJehova impepho, kungokwabapristi, amadodana ka-Aroni, abangcweliselwe ukushisa impepho; phuma endlini engcwele, ngokuba wenze isiphambeko; futhi awuyikuba nodumo oluvela kuJehova uNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Wayesethukuthela u-Uziya; wayenomcengezi womlilo esandleni sakhe ukuba ashise impepho; esabathukuthelele abapristi, kwaqhamuka uchoko ebunzini lakhe phambi kwabapristi endlini kaJehova eceleni kwe-altare lempepho.

20U-Azariya, umpristi omkhulu, nabo bonke abapristi bambuka; bheka, wayenochoko ebunzini lakhe; bashesha bamkhipha khona; naye waphuthuma ukuphuma, ngokuba uJehova wayemshayile.

21 U-Uziya, inkosi, wayesengonochoko kwaze kwafika usuku lokufa kwakhe, wahlala endlini eyahlukanisiweyo, lokhu engonochoko, ngokuba wanqunywa endlini kaJehova. UJothamu indodana yakhe wayephezu kwendlu yenkosi, ahlulela abantu bezwe.

22Ezinye izindaba zika-Uziya, ezokuqala nezokugcina, zalotshwa ngu-Isaya umprofethi, indodana ka-Amose.

23U-Uziya wayeselala koyise; bammbela koyise ngaphandle kwamathuna amakhosi, ngokuba bathi: Ungonochoko. UJothamu, indodana yakhe, waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 iziKronike 27

### UJothamu uyinkosi kwaJuda

1 UJothamu wayeneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nesithupha eJerusalema; igama likanina lalinguJerusha indodakazi kaSadoki.

2Wenza okulungile emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo u-Uziya, kepha akangenanga ethempelini likaJehova. Abantu babesasebenza ukonakala.

3 Wakha iSango Lasenhla lendlu kaJehova; nasogangeni lwase-Ofeli wakha okuningi.

4 Wakha imizi ezintabeni zakwaJuda; emahlathini wakha izinqaba nemibhoshongo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Walwa nenkosi yabantwana bakwa-Amoni, wabahlula. Abantwana bakwa-Amoni bamnika ngawo lowo mnyaka amatalenta ayikhulu esiliva, namakhora ayizinkulungwane eziyishumi kakolweni, nawebhali ayizinkulungwane eziyishumi. Lokho-ke abantwana bakwa-Amoni bakuyisa kuye nangomnyaka wesibili nangowesithathu.

6UJothamu waba namandla, ngokuba walungisa izindlela zakhe phambi kukaJehova uNkulunkulu wakhe.

7Ezinye izindaba zikaJothamu, nakho konke ukulwa kwakhe, nezindlela zakhe, bheka, zilotshiwe encwadini yamakhosi akwa-Israyeli nakwaJuda.

8Wayeneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nesithupha eJerusalema.

9UJothamu wayeselala koyise; bammbela emzini kaDavide; u-Ahazi indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 iziKronike 28

### U-Ahazi uyinkosi kwaJuda

1 U-Ahazi wayeneminyaka engamashumi amabili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nesithupha eJerusalema; akenzanga okulungile emehlweni kaJehova njengoDavide uyise,

2kepha wahamba ngezindlela zamakhosi akwa-Israyeli, wenzela oBali izithombe ezibunjiweyo.

3 Washisa impepho esigodini sendodana kaHinomu, washisa abantwana bakhe emlilweni njengezinengiso zabezizwe uJehova abaxosha phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

4Wahlaba, washisa impepho ezindaweni eziphakemeyo, nasemagqumeni, naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza.

5 UJehova uNkulunkulu wakhe wayesemnikela esandleni senkosi yase-Aramu, bamshaya, bathumba kuye isixuku esikhulu sabathunjwa, babayisa eDamaseku. Naye wanikelwa esandleni senkosi yakwa-Israyeli eyamshaya ngokushaya okukhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

6Ngokuba uPheka indodana kaRemaliya wabulala kwaJuda izinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili ngalusuku lunye, bonke bengamadoda anamandla, ngokuba bebeshiyile uJehova uNkulunkulu wawoyise.

7UZikiri, iqhawe lakwa-Efrayimi, wabulala uMahaseya, indodana yenkosi, no-Azirikamu umbusi wendlu, no-Elkana owelama inkosi.

8Abantwana bakwa-Israyeli bathumba kubafowabo izinkulungwane ezingamakhulu amabili, abesifazane, namadodana, namadodakazi, besusa kubo nempango eningi, beyiyisa impango eSamariya.

9Kepha kwakukhona lapho umprofethi kaJehova ogama lakhe lalingu-Odedi; waphuma ukuhlangabeza impi eyayiza eSamariya, wathi kubo: Bhekani, ngokuba uJehova uNkulunkulu wawoyihlo wayethukuthelele uJuda, wabanikela esandleni senu, kepha nina nibabulele ngokufutha okufinyelele nasezulwini.

10Manje-ke nithi niyakunyathela phansi abantwana bakwaJuda nabaseJerusalema babe yizigqila nezigqilakazi zenu. Kepha aniyikuba necala kuJehova uNkulunkulu wenu ngalokho kuphela na?

11Ngalokho ngizweni, nibuyise abathunjwa enibathumbile kubafowenu, ngokuba ulaka olushisayo lukaJehova luphezu kwenu.

12Kwase kusukuma abezinhloko zabantwana bakwa-Efrayimi, u-Azariya indodana kaJohanani, noBerekiya indodana kaMeshilemoti, noJehizikiya indodana kaShalumi, no-Amasa indodana kaHadilayi, bamelana nabaphuma empini,

13bathi kubo: Ningabangenisi abathunjwa lapha, ngokuba nicabanga okuyakuba yicala lethu kuJehova ukuba kwenezele ezonweni zethu nasecaleni lethu, ngokuba icala lethu selilikhulu namanje; ulaka olushisayo luphezu kuka-Israyeli.

14Abahlomileyo base bebashiya abathunjwa nempango phambi kwezikhulu nebandla lonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

15 Namadoda abizwe ngamagama ayesesukuma, abathatha abathunjwa, abembathisa impango bonke ababehamba ze, abembathisa, abafaka izicathulo, abapha ukudla, abaphuzisa, abagcoba, abakhweza ezimbongolweni bonke ababebuthakathaka, abayisa eJeriko umuzi wamasundu kubafowabo; ayesebuyela eSamariya.

16 Ngaleso sikhathi inkosi u-Ahazi yathumela emakhosini ase-Asiriya ukuba ayisize.

17 Ngokuba phezu kwakho konke babefikile abakwa-Edomi, bashaya uJuda, bathumba abathunjwa.

18 NamaFilisti ayengenele imizi yasehlanzeni neyaseningizimu yakwaJuda, athatha iBeti Shemeshi, ne-Ajaloni, neGederoti, neSoko kanye nemizana yalo, neThimna nemizana yalo, neGimizo nemizana yalo; ahlala khona.

19 Ngokuba uJehova wathobisa uJuda ngenxa ka-Ahazi inkosi yakwa-Israyeli, ngokuba wayedlubulundile kwaJuda, waphambuka nokuphambuka kuJehova.

20 Wayesefika kuye uThiligati Philineseri inkosi yase-Asiriya, wamhlupha, akamqinisanga.

21 Ngokuba u-Ahazi waphanga indlu kaJehova nendlu yenkosi neyezikhulu, wakunika inkosi yase-Asiriya, kepha akumsizanga.

22 Ngesikhathi sokuhlupheka kwakhe waqhubeka ekuphambukeni kuJehova, yona leyo nkosi u-Ahazi.

23 Wahlabela onkulunkulu baseDamaseku ababemshayile, wathi: Ngokuba onkulunkulu bamakhosi ase-Aramu bawasiza, ngiyakubahlabela ukuba bangisize nami. Kepha baba yisikhubekiso kuye nakuye wonke u-Israyeli.

24 U-Ahazi waqoqa izinto zendlu kaNkulunkulu, wazihlahlela izinto zendlu kaNkulunkulu, wavala izivalo zendlu kaJehova, wazenzela ama-altare emagumbini onke aseJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Nakuyo yonke imizi yakwaJuda, imizi ngemizi, wenza izindawo eziphakemeyo zokuba ashisele abanye onkulunkulu impepho, wamcunula uJehova uNkulunkulu wawoyise.

26 Ezinye izindaba zakhe nazo zonke izindlela zakhe, ezokuqala nezokugcina, bheka, zilotshiwe encwadini yamakhosi akwaJuda nakwa-Israyeli.

27 U-Ahazi wayeselala koyise; bammbela emzini, iJerusalema, ngokuba abamyisanga emathuneni amakhosi akwa-Israyeli; uHezekiya indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 iziKronike 29

### UHezekiya uyinkosi kwaJuda. Uvusa inkonzo

1 UHezekiya waqala ukubusa eneminyaka engamashumi amabili nanhlanu, wabusa iminyaka engamashumi amabili nesishiyagalolunye eJerusalema; igama likanina lalingu-Abiya indodakazi kaZakariya.

2Wenza okulungile emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo uDavide uyise.

3 Ngomnyaka wokuqala wokubusa kwakhe ngenyanga yokuqala wavula izivalo zendlu kaJehova, wazilungisa.

4Wangenisa abapristi namaLevi, wababutha esigcawini ngasempumalanga,

5wathi kubo: Ngizweni nina maLevi; zingcweliseni, niyingcwelise nendlu kaJehova uNkulunkulu wawoyise, nikhiphe ukungcola endaweni engcwele.

6Ngokuba oyihlo baphambukile, benza okubi emehlweni kaJehova uNkulunkulu wethu, bamshiya, baphendula ubuso babo endlini kaJehova, bamfulathela.

7Bavala nezivalo zompheme, bacima izibani, abashisanga impepho, abanikelanga ngeminikelo yokushiswa endaweni engcwele kuNkulunkulu ka-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Intukuthelo kaJehova yayisiba phezu kukaJuda neJerusalema, wabanikela
baba yisibonelo esibi, nesimangaliso, nento enximfelwayo, njengalokhu
nibona ngamehlo enu.

9 Bhekani, obaba bawile ngenkemba, amadodana ethu namadodakazi ethu
nawomkethu basekuthunjweni ngenxa yalokho.

10 Manje sekusenhliziyweni yami ukwenza isivumelwano noJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli ukuba ulaka lwakhe oluvuthayo lubuye kithina.

11 Madodana ami, ningadebeseli, ngokuba nina uJehova unikhethile ukuba
nime phambi kwakhe, nimkhonze, nibe yizikhonzi zakhe, nishise impepho.

12 Kwase kusukuma amaLevi: nguMahathi indodana ka-Amasayi noJoweli
indodana ka-Azariya emadodaneni amaKohati; emadodaneni kaMerari:
nguKishi indodana ka-Abidi no-Azariya indodana kaJehaleli; kumaGereshoni:
nguJowa indodana kaZima no-Edene indodana kaJowa;

13 emadodaneni ka-Elisafani: ngoShimri noJehiyeli; emadodaneni ka-Asafa:
ngoZakariya noMathaniya;

14 emadodaneni kaHemani: ngoJehiyeli noShimeyi; emadodaneni
kaJeduthuni: ngoShemaya no-Uziyeli.

15 Babutha abafowabo, bazingcwelisa, bangena njengesiyalezo senkosi
ngamazwi kaJehova ukuba bayihlambulule indlu kaJehova.

16 Abapristi bangena kokuphakathi kwendlu kaJehova ukuba bayihlambulule,
nakho konke ukungcola abakufumanisayo ethempelini likaJehova
bakukhiphela egcekeni lendlu kaJehova. AmaLevi akuthatha, akukhipha,
akuyisa emfudlaneni iKidroni.

17 Baqala ukungcwelisa ngolokuqala lwenyanga yokuqala; ngosuku
lwesishiyagalombili lwenyanga bafika emphemeni kaJehova, bayingcwelisa
indlu kaJehova ngezinsuku eziyisishiyagalombili; ngosuku lweshumi
nesithupha lwenyanga yokuqala baqeda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Base bengena phakathi kuHezekiya inkosi, bathi: Sihlambulule yonke indlu
kaJehova, ne-altare leminikelo yokushiswa, kanye nazo zonke izinto zayo,
netafula lezinkwa zokubukwa.

19Zonke izinto inkosi u-Ahazi eyazilahla ekuphambukeni kwayo isabusa,
sizilungisile, sazingcwelisa; bheka, seziphambi kwe-altare likaJehova.

20UHezekiya inkosi wayesevuka ekuseni, wabutha izinduna zomuzi,
wakhuphukela endlini kaJehova.

21 Baletha izinkunzi eziyisikhombisa, nezinqama eziyisikhombisa,
namawundlu ayisikhombisa, nezimpongo eziyisikhombisa, kube ngumnikelo
wokona ngombuso nangendlu engcwele nangoJuda. Wayaleza abapristi,
amadodana ka-Aroni, ukuba banikele ngakho e-altare likaJehova.

22 Base bezihlaba izinkunzi; abapristi bamukela igazi, bafafaza ngalo i-altare;
bazibulala izinqama, bafafaza i-altare ngegazi; bawabulala amawundlu,
bafafaza i-altare ngegazi.

23Base besondeza izimpongo ngenxa yomnikelo wesono phambi kwenkosi
nebandla; babeka izandla zabo phezu kwazo;

24abapristi bazihlaba, benza umnikelo wesono ngegazi lazo e-altare ukuba
benzele u-Israyeli wonke ukubuyisana, ngokuba inkosi yayaleza ukuba
umnikelo wokushiswa nomnikelo wesono ube ngoka-Israyeli wonke.

25 Wawamisa amaLevi endlini kaJehova ephethe amasimbali, nezingubhu,
namahabu njengesiyalezo sikaDavide nesikaGadi umboni wenkosi
nesikaNathani umprofethi, ngokuba isiyalezo sasingesikaJehova ngesandla
sabaprofethi bakhe.

26 AmaLevi ayesema ephethe izinto zokubethwa zikaDavide, ekanye
nabapristi bephethe amacilongo.

27UHezekiya wayala ukunikela ngomnikelo wokushiswa e-altare. Ngesikhathi
sokuqala komnikelo wokushiswa kwaqala nesihlabelelo sikaJehova,
namacilongo, kanye nezinto zokubethwa zikaDavide inkosi yakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28Lonke ibandla lakhuleka, abahlabeleli bahlabelela, abamacilongo babetha; konke kwaqhubeka waze waphela umnikelo wokushiswa.

29Sebeqedile ukunikela, inkosi nabo bonke ababe nayo bakhothama, bakhuleka.

30UHezekiya inkosi nezikhulu bawayala amaLevi ukumdumisa uJehova ngamazwi kaDavide nangaka-Asafa umboni. Badumisa ngokuthokoza, bakhothamisa amakhanda abo, bakhuleka.

31 Wayesethatha uHezekiya, wathi: Senizahlukanisele uJehova; sondelani, nilethe imihlatshelo neminikelo yokubonga endlini kaJehova. Ibandla laletha imihlatshelo neminikelo yokubonga, nabo bonke abaqhutshwa yinhliziyo evumayo baletha iminikelo yokushiswa.

32Inani leminikelo yokushiswa elalethwa yibandla laliyizinkunzi ezingamashumi ayisikhombisa, nezinqama eziyikhulu, namawundlu angamakhulu amabili; konke lokhu kwakungokomnikelo wokushiswa kuJehova.

33Okungcwelisiwe kwakuyizinkabi ezingamakhulu ayisithupha nezimvu eziyizinkulungwane ezintathu.

34 Abapristi babe yingcosana nje, babengenakuhlinza yonke iminikelo yokushiswa; abafowabo amaLevi base bebasiza, waze waphela umsebenzi, nabapristi baze bazingcwelisa, ngokuba amaLevi ayelungele ngezinhliziyo kunabapristi ukuba azingcwelise.

35Neminikelo yokushiswa yayiminingi kanye namanoni eminikelo yokuthula neminikelo yokuphuzwa yeminikelo yokushiswa. Yayisihleliwe inkonzo yendlu kaJehova.

36UHezekiya wathokoza kanye nabantu bonke ngenxa yalokho uNkulunkulu ayebalungisele khona abantu, ngokuba leyo nto yavela ingalindelwanga.

## 2 iziKronike 30

### IPhasika likaHezekiya

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 UHezekiya wathumela kuye wonke u-Israyeli noJuda, walobela o-Efrayimi noManase izincwadi ukuba beze endlini kaJehova eJerusalema, bamenzele uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli iphasika.

2 Ngokuba inkosi yayelulekene nezikhulu zayo nebandla lonke laseJerusalema ukuba bagcine iphasika ngenyanga yesibili.

3 Ngokuba babengenakulenza ngaleso sikhathi, lokhu abapristi bebengazingcwelisanga ngokwaneleyo nabantu bebengakabuthani eJerusalema.

4Leyo nto yabe ilungile emehlweni enkosi nasebandleni lonke.

5Benza isinqumo sokuhambisa izwi ku-Israyeli wonke kusukela eBeri Sheba kuze kube kwaDani ukuba bafike, bamenzele uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli iphasika eJerusalema, ngokuba babengalenzanga ebandleni njengokulotshiweyo.

6 Zase zihamba izigijimi nezincwadi eziphuma esandleni senkosi nasezikhulwini zayo, zaya kuye wonke u-Israyeli noJuda ngesiyalezo senkosi sokuthi: Nina bantwana bakwa-Israyeli, buyelani kuJehova uNkulunkulu ka-Abrahama noka-Isaka noka-Israyeli ukuba abuyele kuyo insali yenu yabasindileyo esandleni samakhosi ase-Asiriya.

7 Ningabi njengoyihlo nabafowenu ababephambuka kuJehova uNkulunkulu wawoyise, waze wabanikela encithakalweni, njengalokhu nibona.

8Ningabi ntamo elukhuni njengawoyihlo, kepha nimnike uJehova isandla senu, ningene endlini yakhe engcwele ayingcwelisile kuze kube phakade, nimkhonze uJehova uNkulunkulu wenu ukuba ulaka lwakhe oluvuthayo lubuye kini.

9 Ngokuba ekubuyeleni kwenu kuJehova abafowenu nabantwana benu bayakuthola umusa phambi kwababathumbayo, babuyele kuleli zwe, ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu unomusa nesihe, akayikunifulathela, uma nibuyela kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Izigijimi zazilokhu zidlula emizini ngemizi ezweni lakwa-Efrayimi
nelakwaManase kwaze kwaba kwaZebuloni; kepha bazihleka usulu,
baziklolodela.

11Kepha abathile babakwa-Asheri nabakwaManase nabakwaZebuloni
bazithoba, beza eJerusalema.

12NakwaJuda sasikhona isandla sikaNkulunkulu ukubanika inhliziyonye
ukuba benze isiyalezo senkosi nesezikhulu ngezwi likaJehova.

13Kwabuthana eJerusalema abantu abaningi ukuba bagubhe umkhosi
wesinkwa esingenamvubelo ngenyanga yesibili, ibandla elikhulu kakhulu.

14Basuka, basusa ama-altare aseJerusalema; nawo onke ama-altare empepho
bawasusa, bawaphonsa emfudlaneni iKidroni.

15 Base belihlaba iphasika ngolweshumi nane lwenyanga yesibili; abapristi
namaLevi babe namahloni, bazingcwelisa, baletha iminikelo yokushiswa
endlini kaJehova.

16Bema ezindaweni zabo njengehlelo labo ngokomthetho kaMose, umuntu
kaNkulunkulu; abapristi bafafaza ngegazi elalisesandleni samaLevi.

17Ngokuba babe baningi ebandleni ababengazingcwelisanga; amaLevi
ayephezu kokuhlatshwa kwamaphasika abo bonke ababengahlambulukile
ukuba abangcwelisele uJehova.

18Ngokuba isixuku sabantu, abaningi bakwa-Efrayimi nakwaManase nakwa-
Isakare nakwaZebuloni, sasingazihlambululanga, salidla iphasika
ngokungalotshiwe. Ngokuba uHezekiya wayebakhulekele ngokuthi: UJehova
omuhle makathethelele

19bonke ababebhekisa izinhliziyo zabo ukufuna uNkulunkulu, uJehova
uNkulunkulu wawoyise, noma kungenjengokuhlanjululwa kwendlu engcwele.

20UJehova wamuzwa uHezekiya, wabaphilisa abantu.

21Abantwana bakwa-Israyeli ababe khona eJerusalema bawugubha umkhosi
wesinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa ngokuthokoza

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

okukhulu; amaLevi nabapristi bamdumisa uJehova imihla ngemihla ngezinto zokubethwa ezizwakalayo kuJehova.

22UHezekiya wakhuluma kahle kuwo onke amaLevi ayebonakalisa ukuqonda inkonzo kaJehova. Badla-ke iminikelo yomkhosi izinsuku eziyisikhombisa, benikela ngemihlatshelo yeminikelo yokuthula, bembonga uJehova uNkulunkulu wawoyise.

23Lonke ibandla lase livumelana ukugubha ezinye izinsuku eziyisikhombisa; bagubha ezinye izinsuku eziyisikhombisa ngokuthokoza.

24 Ngokuba uHezekiya inkosi yakwaJuda wayenikile ibandla izinkunzi eziyinkulungwane nezimvu eziyizinkulungwane eziyisikhombisa zibe yiminikelo, nezikhulu zazinikile ibandla izinkunzi eziyinkulungwane nezimvu eziyizinkulungwane eziyishumi; abapristi abaningi bazingcwelisa.

25Lonke ibandla lakwaJuda kanye nabapristi namaLevi, nalo lonke ibandla elaphuma ku-Israyeli, nabafokazi abaphuma ezweni lakwa-Israyeli behlezi kwaJuda, bathokoza.

26Kwakukhona-ke ukuthokoza okukhulu eJerusalema, ngokuba kusukela esikhathini sikaSolomoni indodana kaDavide, inkosi yakwa-Israyeli, akuzange kube khona okunjalo eJerusalema.

27 Base besukuma abapristi namaLevi, bababusisa abantu; izwi labo lezwakala, nomkhuleko wabo wafika endaweni yakhe engcwele ezulwini.

## 2 iziKronike 31

### Ukondliwa kwabapristi namaLevi

1 Sekuphelile konke lokho, u-Israyeli wonke owayekhona waphuma waya emizini yakwaJuda, waphula izinsika, wagawula o-Ashera, wadiliza izindawo eziphakemeyo nama-altare kwaJuda wonke, nakwaBenjamini, nakwa-Efrayimi, nakwaManase, waze waqeda konke. Base bebuyela bonke abantwana bakwa-Israyeli, kwaba yilowo nalowo efeni lakhe, emizini yakubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 UHezekiya wamisa izigaba zabapristi nezamaLevi ngezigaba zabo, kwaba yilowo nalowo njengenkonzo yakhe, abapristi namaLevi beminikelo yokushiswa neminikelo yokuthula, ukuba bakhonze, babonge, badumise emasangweni ekamu likaJehova,

3 nesabelo senkosi emfuyweni yayo ukuba sibe ngeseminikelo yokushiswa, eseminikelo yokushiswa yasekuseni neyakusihlwa, neseminikelo yokushiswa yamasabatha, neyokwethwasa kwenyanga, neyemikhosi emisiweyo njengokulotshiweyo emthethweni kaJehova.

4 Washo kubantu abakhileyo eJerusalema ukuba banike abapristi namaLevi izabelo, ukuze babambelele emthethweni kaJehova.

5 Lanele ukusakazeka nje leli zwi, abantwana bakwa-Israyeli banikela kakhulu ngolibo lwamabele, nolwewayini, nolwamafutha, nolwezinyosi, nakuzo zonke izithelo zamasimu, baletha kakhulu okweshumi kwakho konke.

6Abantwana bakwa-Israyeli nabakwaJuda ababehlala emizini yakwaJuda baletha nabo okweshumi kwezinkabi nezimvu nokweshumi kwezinto ezingcwele ezazingcweliselwe uJehova uNkulunkulu wabo, bakubeka izinqwaba ngezinqwaba.

7Ngenyanga yesithathu baqala ukubeka izisekelo zezinqwaba, ngenyanga yesikhombisa baziqeda.

8Lapho uHezekiya nezikhulu beza ukuzibona izinqwaba, bambonga uJehova nabantu bakhe u-Israyeli.

9UHezekiya wababuza abapristi namaLevi ngezinqwaba.

10U-Azariya umpristi omkhulu wendlu kaSadoki wathi: Kusukela ekuqaleni kokulethwa kweminikelo endlini kaJehova sidlile sasutha, sashiya okuningi, ngokuba uJehova ubusisile abantu bakhe; okuseleyo yile ngcebo.

11Wayesesho uHezekiya ukuba kulungiswe amakamelo endlini kaJehova; bawalungisa-ke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Base bengenisa iminikelo, nokweshumi, nezinto ezingcwele
ngokuthembeka; uKhonaniya, umLevi, waba ngumphathi walokho; uShimeyi
umfowabo waba ngowesibili.

13OJehiyeli, no-Azaziya, noNahati, no-Asaheli, noJerimoti, noJozabadi, no-Eleyeli, noJisimakiya, noMahati, noBenaya babe ngababonisi phansi kwesandla sikaKhonaniya noShimeyi umfowabo ngesiyalezo sikaHezekiya inkosi no-Azariya umphathi wendlu kaNkulunkulu.

14UKore, indodana kaJimna umLevi, umlindisango wasesangweni lasempumalanga, wayephethe iminikelo yesihle kaNkulunkulu ukuba abele iminikelo kaJehova nezinto ezingcwele.

15 Phansi kwakhe kwakungo-Edene, noMiniyamini, noJeshuwa, noShemaya, no-Amariya, noShekaniya emizini yabapristi ezikhundleni zabo ukuba babele abafowabo ngezigaba zabo abakhulu njengabancane,

16ngaphandle kwabesilisa ababhaliweyo ngezizukulwane zabo, kusukela kwabaneminyaka emithathu kuya phezulu, bonke ababengena endlini kaJehova ngendaba yomsebenzi wabo wemihla ngemihla ngezimfanelo zabo nezigaba zabo;

17 abapristi babhalwa ngezindlu zawoyise, namaLevi abhalwa kusukela kwaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu ngezimfanelo zawo nezigaba zawo.

18Babhalwa ngezizukulwane kanye nezingane zabo, nawomkabo, namadodana abo, namadodakazi abo, isixuku sonke, ngokuba bazingcwelisa ngobungcwele ezikhundleni zabo.

19Namadodana ka-Aroni, abapristi ababe semasimini amadlelo emizi yabo, imizi ngemizi, ayenamadoda abizwa ngegama ukuba anike bonke abesilisa babapristi nawo onke amaLevi abhaliweyo ngezizukulwane izabelo.

20Wenze njalo uHezekiya kwaJuda wonke; wenza okuhle nokulungile nokuthembekile phambi kukaJehova uNkulunkulu wakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[21]Emisebenzini yonke ayiqalayo enkonzweni yendlu kaNkulunkulu, nasemthethweni, nasemiyalweni, ukuba afune uNkulunkulu wakhe, wakwenza ngayo yonke inhliziyo yakhe, waphumelela.

## 2 iziKronike 32

### USaneheribi ungenela uJuda

[1] Emva kwalezo zinto naleso sibonelo sokuthembeka kwafika uSaneheribi inkosi yase-Asiriya, wangena kwaJuda, wamisa malungana nemizi ebiyelweyo, wathi uyakuzifohlela yona.

[2]Lapho uHezekiya esebona ukuthi uSaneheribi ufikile nokuthi uqonda ukulwa neJerusalema,

[3]welulekana nezikhulu zakhe namaqhawe akhe ukuba bavimbe amanzi emithombo eyayingaphandle komuzi; bamsiza.

[4]Kwabuthana abantu abaningi, bavimba yonke imithombo, nomfudlana owawugobhoza phakathi nezwe, bathi: Kungangani ukuba kufike amakhosi ase-Asiriya, afumane amanzi amaningi, na?

[5] Waziqinisa, wakha lonke ugange olwaludiliziwe, wabeka imibhoshongo phezu kwalo, nolunye ugange ngaphandle, waqinisa iMilo emzini kaDavide, wenza izikhali nezihlangu eziningi.

[6]Wabeka izinduna zempi phezu kwabantu, wazibuthela bona esigcawini ngasesangweni lomuzi, wakhuluma kahle kubo, wathi:

[7] Qinani, nime isibindi, ningesabi, ningapheli amandla ngenkosi yase-Asiriya nangesixuku sonke esinayo, ngokuba onathi mkhulu kunonaye;

[8] okunaye yingalo yenyama; okunathi nguJehova uNkulunkulu wethu ukuba asisize, alwe izimpi zethu. Abantu bencika emazwini kaHezekiya inkosi yakwaJuda.

[9]Emva kwalokho uSaneheribi inkosi yase-Asiriya wathuma izinceku zakhe eJerusalema wayephambi kweLakishi nabo bonke ababusi benaye kuHezekiya inkosi yakwaJuda nakuye wonke uJuda waseJerusalema, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

10 Usho kanje uSaneheribi, inkosi yase-Asiriya, uthi: Nethembani nina, njengokuba nihlala nivinjezelwe eJerusalema, na?

11 UHezekiya akaniyengi yini ukuba aninikele, nife ngendlala nangokoma, ethi: UJehova uNkulunkulu wethu uyakusophula esandleni senkosi yase-Asiriya, na?

12 Yena lowo Hezekiya akasusanga yini izindawo eziphakemeyo nama-altare akhe, wayala uJuda neJerusalema, wathi: Niyakukhuleka phambi kwe-altare linye, nishise impepho, na?

13 Anazi yini ukuthi mina nawobaba senzeni kubo bonke abezizwe na? Onkulunkulu babezizwe babe namandla yini nakanjani okophula izwe labo esandleni sami na?

14 Ngubani phakathi kwabo bonke onkulunkulu balezo zizwe ezachithwa ngobaba owayenamandla okophula abantu bakhe esandleni sami, ukuze uNkulunkulu wenu anophule nina esandleni sami, na?

15 Ngalokho uHezekiya makanganikhohlisi, anganiyengi ngale ndlela, ningakholwa nguye, ngokuba kwakungekho nkulunkulu nakusiphi isizwe noma kumuphi umbuso owayenamandla okophula abantu bakhe esandleni sami nasesandleni sawobaba; kakhulu kangakanani anganophula esandleni sami uNkulunkulu wenu na?

16 Izinceku zakhe zazikhuluma nokunye okuphambene noJehova uNkulunkulu nenceku yakhe uHezekiya.

17 Wayelobe nencwadi yokumhlambalaza uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, wakhuluma okuphambene naye, wathi: Njengalokho onkulunkulu babezizwe bengabophulanga abantu babo esandleni sami, kanjalo uNkulunkulu kaHezekiya akayikubophula abantu bakhe esandleni sami.

18 Bamemeza ngezwi elikhulu ngolimi lwabaJuda kubantu baseJerusalema ababe sogangeni ukuba babethuse, babesabise, ukuze bawuthathe umuzi.

19 Bakhuluma ngoNkulunkulu waseJerusalema njengangawonkulunkulu babantu bomhlaba abangumsebenzi wezandla zabantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

20 UHezekiya inkosi no-Isaya umprofethi, indodana ka-Amose, bakhuleka ngenxa yalokho, bakhala ngasezulwini.

21 UJehova wathuma ingelosi eyanquma onke amaqhawe anamandla, nabaholi, nezinduna ekamu lenkosi yase-Asiriya. Yayisibuyela ezweni layo ijabhile. Isingenile endlini kankulunkulu wayo, ababephume ezibilinini zayo bayibulala khona ngenkemba.

22UJehova wasindisa-ke uHezekiya nabakhileyo eJerusalema esandleni sikaSaneheribi inkosi yase-Asiriya nasesandleni sabo bonke abanye, wabahola nxazonke.

23Abaningi baletha izipho kuJehova eJerusalema namagugu kuHezekiya inkosi yakwaJuda, waze waphakanyiswa emehlweni abo bonke abezizwe ngasemuva.

### Ukugula nokufa kukaHezekiya

24 Ngalezo zinsuku uHezekiya wagula waze waba sengozini yokufa; wakhuleka kuJehova; yena wakhuluma kuye, wamnika isibonakaliso.

25Kepha uHezekiya akabuyiselanga okuhle okwenzelwe yena, ngokuba inhliziyo yakhe yayikhukhumele; ngalokho kwaba khona ulaka phezu kwakhe, naphezu kukaJuda, naphezu kweJerusalema.

26Kepha lapho uHezekiya esezithoba ekukhukhumaleni kwenhliziyo yakhe, yena nabakhileyo eJerusalema, ulaka lukaJehova alubehlelanga emihleni kaHezekiya.

27UHezekiya wayenengcebo nodumo oluningi kakhulu, wazenzela izindlu zesiliva, nezegolide, nezamatshe angamagugu, nezamakha, nezezihlangu, nezezinto zonke ezinxanelekayo,

28nezinqolobane zezithelo zamabele nezewayini nezamafutha, nezibaya zezinhlobo zonke zezilwane, nezindawo zezimvu.

29Wazenzela nemizi, nemfuyo yezimvu, nezinkomo eziningi, ngokuba uNkulunkulu wayemnike impahla eningi kakhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30Yena lowo Hezekiya wavimbezela umthombo wasenhla wamanzi aseGihoni, wawaqondisa ngasentshonalanga komuzi kaDavide. UHezekiya waphumelela emisebenzini yakhe yonke.

31 Kanjalo namaqondana nezithunywa zezikhulu zaseBabele ezathumela kuye ukubuza ngesibonakaliso esenziwa ezweni uNkulunkulu wamshiya ukumvivinya nje ukuba azi konke okusenhliziyweni yakhe.

32 Ezinye izindaba zikaHezekiya nezenzo zakhe ezinhle, bheka, zilotshiwe embonweni ka-Isaya umprofethi, indodana ka-Amose, encwadini yamakhosi akwaJuda nakwa-Israyeli.

33UHezekiya wayeselala koyise; bammbela emmangweni wamathuna amadodana kaDavide; wonke uJuda nabakhileyo eJerusalema bamenzela udumo ekufeni kwakhe. UManase indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## 2 iziKronike 33

### OManase no-Amoni bangamakhosi kwaJuda

1 UManase wayeneminyaka eyishumi nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi ayisihlanu nanhlanu eJerusalema.

2Wenza okubi emehlweni kaJehova njengezinengiso zabezizwe uJehova abaxosha phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

3Wabuye wakha izindawo eziphakemeyo uHezekiya uyise azidilizile; wamisela oBali ama-altare, wenza o-Ashera, wakhuleka kulo lonke ibandla lasezulwini, walikhonza.

4 Wakha ama-altare endlini kaJehova, uJehova asho ngayo ukuthi: Igama lami liyakuba khona eJerusalema kuze kube phakade.

5Wakhela nalo lonke ibandla lasezukwini ama-altare emagcekeni omabili endlu kaJehova.

6Wadabulisa abantwana bakhe emlilweni esigodini sendodana kaHinomu, wahlola imihlola, wenza imilingo, wenza amalumbo, wamisa abanamadlozi, nabathakathi, wenza okubi okuningi emehlweni kaJehova, waze wamcunula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

7 Wabeka umfanekiso obaziweyo wesithombe awenzileyo endlini kaNkulunkulu asho ngayo uNkulunkulu kuDavide nakuSolomoni indodana yakhe ukuthi: Kule ndlu naseJerusalema engilikhethile ezizweni zonke zakwa-Israyeli ngiyakubeka igama lami kuze kube phakade;

8futhi angisayikususa unyawo luka-Israyeli ezweni engilimisele oyihlo, uma beyakugcina kuphela ukwenza konke engibayale ngakho, wonke umthetho, nezimiso, nezahlulelo, ngesandla sikaMose.

9UManase wadukisa uJuda nabakhileyo eJerusalema, baze benza okubi kunabezizwe uJehova abachitha phambi kwabantwana bakwa-Israyeli.

10 UJehova wakhuluma kuManase nakubantu bakhe, kepha kabalalelanga.

11 Ngalokho-ke uJehova wabehlisela izinduna zempi yenkosi yase-Asiriya; zambamba uManase ngamaketanga, zambopha ngawozankosi, zamuyisa eBabele.

12Lapho esekuhluphekeni, wanxusa kuJehova uNkulunkulu wakhe, wazithoba kakhulu phambi kukaNkulunkulu wawoyise.

13Wakhuleka kuye; wancengwa nguye, wezwa ukunxusa kwakhe, wambuyisela eJerusalema embusweni wakhe. Wayesekwazi uManase ukuthi uJehova nguye onguNkulunkulu.

14Emva kwalokho wakha ugange olungaphandle komuzi kaDavide ngasentshonalanga kwaseGihoni esigodini kuze kube sekungeneni kweSango Lezinhlanzi; walihaqa i-Ofeli, waliphakamisa kakhulu; wabeka izinduna ezinamandla emizini yonke ebiyelweyo yakwaJuda.

15Wasusa onkulunkulu babezizwe nesithombe endlini kaJehova, nawo onke ama-altare ayewakhile entabeni yendlu kaJehova naseJerusalema, wakulahla ngaphandle komuzi.

16Wakha i-altare likaJehova, wanikela phezu kwalo ngemihlatshelo yeminikelo yokuthula neyokubonga, washo kuJuda ukuba bamkhonze uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Nokho abantu babesahlaba ezindaweni eziphakemeyo, kodwa kuJehova uNkulunkulu wabo kuphela.

18 Ezinye izindaba zikaManase, nomkhuleko wakhe kuNkulunkulu wakhe, namazwi ababoni ababewakhuluma kuye egameni likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, bheka, kulotshiwe ezindabeni zamakhosi akwa-Israyeli.

19 Umkhuleko wakhe, nokunxuswa kukaNkulunkulu nguye, nazo zonke izono zakhe, nazo zonke iziphambeko zakhe, nezindawo akha kuzo izindawo eziphakemeyo, amisa kuzo o-Ashera nezithombe ezibaziweyo, engakazithobi, bheka, lokho kulotshiwe ezindabeni zikaHozayi.

20 UManase wayeselala koyise; bammbela endlini yakhe; u-Amoni indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

21 U-Amoni wayeneminyaka engamashumi amabili nambili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka emibili eJerusalema.

22 Wenza okubi emehlweni kaJehova njengalokho enzile uManase uyise; u-Amoni wahlabela zonke izithombe ezibaziweyo ayezenzile uManase uyise, wazikhonza.

23 Akazithobanga phambi kukaJehova njengalokho ebezithobile uManase uyise kepha yena lowo Amoni wenza amacala akhe aba maningi.

24 Izinceku zakhe zamenzela ugobe, zambulala endlini yakhe.

25 Kepha abantu bezwe bababulala bonke ababeyenzele inkosi u-Amoni ugobe; abantu bezwe bambeka uJosiya indodana yakhe inkosi esikhundleni sakhe.

## 2 iziKronike 34

### UJosiya uyinkosi kwaJuda. Isivuselelo sakhe

1 UJosiya wayeneminyaka eyisishiyagalombili ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka engamashumi amathathu nanye eJerusalema.

2 Wenza okulungile emehlweni kaJehova, wahamba ngezindlela zikaDavide uyise, kachezukelanga ngakwesokunene nangakwesokhohlo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

3Ngomnyaka wesishiyagalombili wokubusa kwakhe esengumfana waqala ukufuna uNkulunkulu kaDavide uyise; ngomnyaka weshumi nambili waqala ukuhlambulula uJuda neJerusalema, wasusa izindawo eziphakemeyo, nawo-Ashera, nezithombe ezibaziweyo, nezithombe ezibunjiweyo.

4 Bawadiliza phambi kwakhe ama-altare awoBali; nama-altare empepho ayephezu kwawo wawanquma; waphula o-Ashera, nezithombe ezibaziweyo, nezithombe ezibunjiweyo, wakucolisisa, wakuvumvuzela phezu kwamathuna ababenikele kukho.

5 Wawashisa amathambo abapristi ema-altare abo, wahlambulula uJuda neJerusalema.

6Emizini yakwaManase, nakwa-Efrayimi, nakwaSimeyoni kwaze kwaba nakwaNafetali wacinga ezindlini zabo nxazonke.

7Wawadiliza ama-altare, waphula o-Ashera nezithombe ezibaziweyo kwaba luthuli, wawanquma onke ama-altare empepho ezweni lonke lakwa-Israyeli, wabuyela eJerusalema.

8Ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili wokubusa kwakhe esehlambululile izwe nendlu, wathuma uShafani, indodana ka-Asaliya, noMahaseya umbusi womuzi, noJowa indodana kaJowahazi, umabhalana, ukuba bayilungise indlu kaJehova uNkulunkulu wakhe.

9Bafika kuHilikiya umpristi omkhulu, bayinikeza imali eyayilethwe endlini kaNkulunkulu iqoqwe ngamaLevi, abalindisango, esandleni sakwaManase no-Efrayimi, nakuyo yonke insali yakwa-Israyeli, nakuye wonke uJuda noBenjamini, nakwabakhileyo eJerusalema;

10bayinikeza ezandleni zababewenza umsebenzi ababeyiphethe indlu kaJehova; bona bayinika ababesebenza umsebenzi wasendlini kaJehova ukuba bayilungise, bayiqinise indlu;

11 bayinika nababazi nabakhi ukuba bathenge amatshe abaziweyo nemithi yokuhlanganisa, benze imishayo yezindlu amakhosi akwaJuda abezichithile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Amadoda enza umsebenzi wawo ngokuthembeka; ababonisi phezu kwabo babe ngoJahati no-Obadiya amaLevi, emadodaneni akwaMerari, noZakariya noMeshulamu emadodaneni amaKohati, ukuba babahole, kanye namaLevi onke ayeqonda izinto zokubethwa.

13Ayephezu kwabathwala imithwalo, ahola bonke abenza umsebenzi wezinkonzo ngezinkonzo; kumaLevi kwakukhona nababhali, nezinduna, nabalindisango.

### Incwadi yomthetho kaNkulunkulu

14Lapho beyikhipha imali eyayilethwe endlini kaJehova, uHilikiya, umpristi, wafumana incwadi yomthetho kaJehova eyalotshwa ngesandla sikaMose.

15UHilikiya wathatha wathi kuShafani umbhali: Ngifumene incwadi yomthetho endlini kaJehova. UHilikiya wayinika uShafani incwadi.

16UShafani wayiyisa incwadi enkosini, waletha nombiko wokuthi: Konke okwanikelwa ezandleni zezinceku zakho ziyakwenza.

17Ziyithululile imali eyafunyanwa endlini kaJehova, zayinikeza ezandleni zababonisi nasezandleni zezisebenzi.

18UShafani umbhali wayitshela inkosi, wathi: UHilikiya umpristi unginike incwadi. UShafani wafunda kuyo phambi kwenkosi.

19Kwathi lapho inkosi isizwile amazwi omthetho, yaziklebhula izingubo zayo.

20Inkosi yayala oHilikiya, no-Ahikamu indodana kaShafani, no-Abidoni indodana kaMika, noShafani umbhali, no-Asaya inceku yenkosi, yathi:

21 Hambani ningibuzele kuJehova, mina nabaseleyo kwa-Israyeli nakwaJuda ngamazwi encwadi efunyenweyo, ngokuba inkulu intukuthelo kaJehova ethululelwe phezu kwethu, ngokuba obaba abaligcinanga izwi likaJehova ukwenza njengakho konke okulotshiweyo kule ncwadi.

### Umprofethikazi uHulida

22Wayesehamba uHilikiya nabanye benkosi, baya kuHulida umprofethikazi, umkaShalumi indodana kaThokathi kaHasira, umgcinizingubo -- wahlala eJerusalema enxenyeni yesibili -- bakhuluma kuye ngokunjalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Wathi kubo: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Tshelani umuntu onithume kimi ukuthi:

24 Usho kanje uJehova, uthi: Bhekani, ngiyakwehlisela okubi phezu kwale ndawo naphezu kwabakhileyo kuyo, zonke iziqalekiso ezilotshiweyo encwadini abayifundileyo phambi kwenkosi yakwaJuda,

25ngokuba bangishiyile, bashisela abanye onkulunkulu impepho baze bangicunula ngayo yonke imisebenzi yezandla zabo; intukuthelo yami isithululelwe kule ndawo, ayiyikucinywa.

26Kepha enkosini yakwaJuda eyanithuma ukubuza kuJehova niyakusho kuyo kanje, nithi: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Maqondana namazwi owezwileyo,

27ngenxa yokuba inhliziyo yakho yayithambile, wazithoba phambi kukaNkulunkulu ekuzweni kwakho amazwi akhe ngale ndawo nangabakhileyo kuyo, yebo, wazithoba phambi kwami, waziklebhula izingubo zakho, wakhala phambi kwami, mina ngikuzwile, usho uJehova.

28Bheka, ngiyakukubuthela koyihlo, ubuthelwe ethuneni lakho ngokuthula, angaboni amehlo akho konke okubi engiyakukwehlisela phezu kwale ndawo naphezu kwabakhileyo kuyo. Babuyisela enkosini leli zwi.

29 Inkosi yayisithumela, yabutha onke amalunga akwaJuda naseJerusalema.

30Inkosi yakhuphukela endlini kaJehova kanye nabo bonke abantu bakwaJuda nabakhileyo eJerusalema, nabapristi, namaLevi, nabantu bonke, abakhulu nabancane, wafunda ezindlebeni zabo onke amazwi encwadi yesivumelwano ebifunyenwe endlini kaJehova.

31Inkosi yema endaweni yayo, yenza isivumelwano phambi kukaJehova ukumlandela uJehova nokugcina imiyalo yakhe, nobufakazi bakhe, nezimiso zakhe ngayo yonke inhliziyo yayo nangawo wonke umphefumulo wayo ukuba iwenze amazwi esivumelwano ayelotshwe kule ncwadi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32Wenza ukuba bonke abafunyanwa eJerusalema nakwaBenjamini beme kuso. Abakhileyo eJerusalema benza njengesivumelwano sikaNkulunkulu, uNkulunkulu wawoyise.

33UJosiya wazisusa zonke izinengiso emazweni onke akwa-Israyeli, wenza ukuba bonke abafunyanwa kwa-Israyeli bakhonze, bamkhonze uJehova uNkulunkulu wabo. Zonke izinsuku zakhe abasukanga ekumlandeleni uJehova uNkulunkulu wawoyise.

## 2 iziKronike 35

### Iphasika likaJosiya

1 UJosiya wamenzela uJehova iphasika eJerusalema; balihlaba iphasika ngolweshumi nane lwenyanga yokuqala.

2Wamisa abapristi ezikhundleni zabo, wabaqinisa emsebenzini wendlu kaJehova.

3 Washo kumaLevi afundisa wonke u-Israyeli, ayengcwele kuJehova, wathi: Bekani umphongolo ongcwele endlini ayakhayo uSolomoni indodana kaDavide, inkosi yakwa-Israyeli; akusayikubakho mthwalo emahlombe enu; khonzani manje uJehova uNkulunkulu wenu nabantu bakhe u-Israyeli.

4Zilungiseni ngezindlu zawoyihlo ngezigaba zenu njengokubhala kukaDavide inkosi yakwa-Israyeli nanjengokubhala kukaSolomoni indodana yakhe,

5nime endaweni engcwele njengamaqembu ezindlu zawoyise babafowenu, abantu besizwe, yilelo nalelo libe nesigaba sendlu kayise yamaLevi.

6Lihlabeni iphasika, nizingcwelise, nilungisele abafowenu ukuba benze njengezwi likaJehova ngesandla sikaMose.

7 UJosiya wabanika abantu besizwe bonke ababekhona emihlambini amawundlu namazinyane ezimbuzi, onke abengaweminikelo yephasika, umumo uyizinkulungwane ezingamashumi amathathu nezinkunzi eziyizinkulungwane ezintathu; lokho kwakungokwempahla yenkosi.

8Izikhulu zakhe zabanika abantu, nabapristi, namaLevi iminikelo yesihle. OHilikiya, noZakariya, noJehiyeli, abaphathi bendlu kaNkulunkulu, babanika

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

abapristi amawundlu ayizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisithupha nezinkabi ezingamakhulu amathathu, kube ngokweminikelo yephasika.

9OKhonaniya, noShemaya, noNethaneli, abafowabo, noHashabiya noJehiyeli, noJozabadi, izinduna zamaLevi, bawanika amaLevi amawundlu ayizinkulungwane eziyisihlanu nezinkabi ezingamakhulu ayisihlanu, kube ngokweminikelo yephasika.

10Yayisilungiswa-ke inkonzo; abapristi bema ezindaweni zabo namaLevi ngezigaba zawo njengesiyalezo senkosi.

11Balihlaba iphasika, abapristi bafafaza ngezandla zabo, amaLevi alihlinza.

12 Ayisusa iminikelo yokushiswa ukuba ayabele njengamaqembu ezindlu zawoyise babantu besizwe, ukuze banikele ngayo kuJehova njengokulotshiweyo encwadini kaMose. Enze njalo nakuzo izinkabi.

13 Alosa iphasika ngomlilo njengokomthetho, neminikelo engcwele ayosa emakhanzini, nasezocweni, nasemabhodweni, ashesha akuletha kubantu besizwe.

14Ngasemuva azilungiselela wona nabapristi, ngokuba abapristi, amadodana ka-Aroni, babesekunikeleni iminikelo namanoni kwaze kwaba sebusuku; ngalokho amaLevi azilungiselela wona nabapristi, amadodana ka-Aroni.

15 Abahlabeleli, amadodana ka-Asafa, babe sendaweni yabo njengokwesiyalezo sikaDavide, no-Asafa, noHemani, noJeduthuni umboni wenkosi; abalindisango babengasesangweni; kwakungadingeki ukuba basuke emsebenzini wabo, ngokuba abafowabo amaLevi babalungisela.

16Yayisilungiswa-ke inkonzo kaJehova ngalusuku lunye ukwenza iphasika nokunikela ngeminikelo yokushiswa e-altare likaJehova njengesiyalezo senkosi uJosiya.

17Abantwana bakwa-Israyeli ababekhona balenza iphasika ngaleso sikhathi nomkhosi wesinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Alenziwanga iphasika elinjengalelo kwa-Israyeli kusukela emihleni
kaSamuweli umprofethi, nawo onke amakhosi akwa-Israyeli awenzanga
iphasika elinjengalelo elenziwa nguJosiya, nabapristi, namaLevi, naye wonke
uJuda no-Israyeli owayekhona, kanye nabakhileyo eJerusalema.

19Ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili wokubusa kukaJosiya leli phasika
lenziwa.

**Ukufa kukaJosiya**

20 Emva kwakho konke lokho uJosiya eselilungisile ithempeli, uNekho inkosi
yaseGibithe wenyuka ukulwa neKharikemishi ngase-Ewufrathe; uJosiya
waphuma ukumhlangabeza.

21Kepha wathuma izithunywa, wathi: Nginamsebenzi muni nawe nkosi
yakwaJuda na? Angiphambene nawe namuhla, kepha ngiphambene nendlu
engilwa nayo; uNkulunkulu ungitshelile ukuba ngisheshe; mgweme
uNkulunkulu onami ukuba angakuchithi.

22Kepha uJosiya akaphendukanga kuye, kodwa waziguqula ukuba alwe naye;
akalalelanga amazwi kaNekho emlonyeni kaNkulunkulu, weza ukulwa
esigodini saseMegido.

23Abacibishelayo bacibishela inkosi; inkosi yathi ezincekwini zayo:
Ngikhipheni, ngokuba ngikhutshaziwe kakhulu.

24 Izinceku zayo zayikhipha enqoleni, zayikhwelisa enqoleni yesibili
eyayinayo, zayiyisa eJerusalema; yafa, yembelwa emathuneni awoyise.
Wonke uJuda neJerusalema bamlilela uJosiya.

25Naye uJeremiya wamlilela uJosiya; bonke abahlabeleli besilisa
nabesifazane bakhuluma ngoJosiya ekulileni kwabo kuze kube namuhla;
bakwenza kwaba yisimiso kwa-Israyeli; bheka, kulotshiwe eziLilweni.

26Ezinye izindaba zikaJosiya, nezenzo zakhe ezinhle njengokulotshiweyo
emthethweni kaJehova,

27nezindaba zakhe, ezokuqala nezokugcina, bheka, zilotshiwe encwadini
yamakhosi akwa-Israyeli nakwaJuda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## 2 iziKronike 36

### OJehowahazi noJehoyakimi noJehoyakini noSedekiya bangamakhosi kwaJuda

1 Abantu bezwe bathatha uJehowahazi indodana kaJosiya, bambeka inkosi
esikhundleni sikayise.

2 UJehowahazi wayeneminyaka engamashumi amabili nantathu ekuqaleni
kwakhe ukubusa, wabusa izinyanga ezintathu eJerusalema.

3 Inkosi yaseGibithe yamsusa eJerusalema, yathelisa izwe amatalenta ayikhulu
esiliva netalenta legolide.

4 Inkosi yaseGibithe yabeka u-Eliyakimi umfowabo inkosi kwaJuda
naseJerusalema, yaguqula igama lakhe labanguJehoyakimi. UNekho
wathatha uJehowahazi umfowabo, wamyisa eGibithe.

5 UJehoyakimi wayeneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ekuqaleni
kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nanye eJerusalema; wenza
okubi emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakhe.

6 Kwenyukela kuye uNebukadinesari inkosi yaseBabele, wambopha
ngamaketanga ukuba amyise eBabele.

7 UNebukadinesari wayisa ezinye izitsha zendlu kaJehova eBabele, wazibeka
ethempelini lakhe eBabele.

8 Ezinye izindaba zikaJehoyakimi, nezinengiso azenzayo, nokunye
okufumaniseke kuye, bheka, kulotshiwe encwadini yamakhosi akwa-Israyeli
nakwaJuda; uJehoyakini indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

9 UJehoyakini wayeneminyaka eyisishiyagalombili ekuqaleni kwakhe
ukubusa, wabusa izinyanga ezintathu nezinsuku eziyishumi eJerusalema;
wenza okubi emehlweni kaJehova.

10 Ekuqaleni komnyaka inkosi uNebukadinesari yathumela yamletha eBabele
kanye nezitsha ezinxanelekayo zendlu kaJehova, yabeka uSedekiya,
umfowabo, inkosi kwaJuda naseJerusalema.

11 USedekiya wayeneminyaka engamashumi amabili nanye ekuqaleni kwakhe
ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nanye eJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

12Wenza okubi emehlweni kaJehova uNkulunkulu wakhe; akazithobanga
phambi kukaJeremiya umprofethi womlomo kaJehova.

13 Wayihlubuka inkosi uNebukadinesari eyayimfungisile uJehova, wenza
lukhuni intamo yakhe, wenza lukhuni nenhliziyo yakhe ukuba
ingaphendukeli kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

14Zonke izikhulu zabapristi nabantu baphambuka kakhulu ngezinengiso
zabezizwe, bayingcolisa indlu kaJehova ayingcwelisileyo eJerusalema.

15UJehova uNkulunkulu wawoyise wathuma kubo ngezandla zezithunywa
zakhe, ethuma njalonjalo, ngokuba wahawukela abantu bakhe nendawo
yakhe yokuhlala;

16kepha baziklolodela izithunywa zikaNkulunkulu, bawadelela amazwi akhe,
babaphatha kabi abaprofethi bakhe, yaze yavuka intukuthelo kaJehova
ngabantu bakhe, kwaze kwangabakho ukwelashwa.

17 Ngalokho wabehlisela inkosi yamaKaledi eyabulala izinsizwa zabo
ngenkemba endlini yabo engcwele, ayihawukelanga nansizwa, nantombi,
naxhegu, nogugileyo; wabanikela bonke esandleni sayo.

18Zonke izitsha zendlu kaNkulunkulu, ezinkulu nezincane, nengcebo yendlu
kaJehova, nengcebo yenkosi neyezikhulu zayo, konke lokho wakuyisa
eBabele.

19Bayishisa indlu kaNkulunkulu, baludiliza ugange lwaseJerusalema,
bazishisa zonke izinqaba ngomlilo, bazichitha zonke izitsha ezinxanelekayo
zakhona.

20Abasele enkembeni wabathumbela eBabele; baba yizinceku zakhe
nezamadodana akhe, kwaze kwabusa umbuso wasePheresiya

21 ukuba ligcwaliseke izwi likaJehova ngomlomo kaJeremiya, lize laneliswe
izwe ngamasabatha alo sonke isikhathi liyincithakalo laligcina isabatha kuze
kugcwaliswe iminyaka engamashumi ayisikhombisa.

**Isimemezelo sikaKoresi**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Ngomnyaka wokuqala kaKoresi inkosi yasePheresiya ukuba kufezeke izwi likaJehova ngomlomo kaJeremiya uJehova wavusa umoya kaKoresi inkosi yasePheresiya ukuba amemezele embusweni wakhe wonke, alobe futhi ngokuthi:

23 Usho kanje uKoresi, inkosi yasePheresiya, uthi: UJehova uNkulunkulu wezulu unginikile yonke imibuso yomhlaba; ungiyalile ukumakhela indlu eJerusalema lakwaJuda. Noma ngumuphi phakathi kwenu kubo bonke abantu bakhe, uNkulunkulu makabe naye, akhuphuke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# U-Ezra

## U-Ezra 1

### UKoresi inkosi yasePheresiya uvumela abaJuda ukuba babuyele ezweni lakubo

1 Ngomnyaka wokuqala kaKoresi, inkosi yasePheresiya, ukuba kufezeke izwi
likaJehova, ngomlomo kaJeremiya uJehova wavusa umoya kaKoresi, inkosi
yasePheresiya, ukuba amemezele embusweni wakhe wonke, alobe futhi
ngokuthi:

2 Usho kanje uKoresi inkosi yasePheresiya, uthi: UJehova uNkulunkulu
wezulu unginikile yonke imibuso yomhlaba; ungiyalile ukumakhela indlu
eJerusalema lakwaJuda.

3 Noma ngumuphi phakathi kwenu kubo bonke abantu bakhe, uNkulunkulu
wakhe makabe naye, akhuphukele eJerusalema lakwaJuda, akhe indlu
kaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, yena onguNkulunkulu waseJerusalema.

4 Bonke abaseleyo, nakuziphi izindawo lapho begogobele khona, mabasizwe
ngabantu bendawo yabo ngesiliva, nangegolide, nangempahla, nangezinkomo
kanye nomnikelo wesihle wendlu kaNkulunkulu eseJerusalema.

5 Kwase kusuka izinhloko zawoyise bakwaJuda noBenjamini, nabapristi,
namaLevi, bonke abamoya wabo uNkulunkulu ayewuvusile ukuba
bakhuphuke bakhe indlu kaJehova eseJerusalema.

6 Bonke ababazungezayo basekela izandla zabo ngezitsha zesiliva,
nangegolide, nangempahla, nangezinkomo, nangamagugu, kanye nakho
konke okwanikelwa ngakho ngenhliziyo.

7 UKoresi inkosi wakhipha izinto zendlu kaJehova, uNebukadinesari
ayezikhiphile eJerusalema wazibeka endlini yawonkulunkulu bakhe,

8 yebo, zona uKoresi inkosi yasePheresiya wazikhipha ngesandla
sikaMithiredati umphathisikhwama, wazibalela kuSheshebasari isikhulu
sakwaJuda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[9]Nanku umumo wazo: izingqwembe ezingamashumi amathathu zegolide, nezingqwembe eziyinkulungwane zesiliva, nawomese abangamashumi amabili nesishiyagalolunye,

[10]nezindebe ezingamashumi amathathu zegolide, nezindebe zesiliva zohlobo lwesibili ezingamakhulu amane neshumi, nezinye izitsha eziyinkulungwane.

[11]Zonke izitsha zegolide nezesiliva zaziyizinkulungwane eziyisihlanu namakhulu amane. Zonke lezo uSheshebasari wazikhuphula ekukhushulweni kwabathunjwa eBabele ukuya eJerusalema.

## U-Ezra 2

### Ababuyayo

[1] Nampa abantwana bezwe abakhuphuka ekuthunjweni kwababethunjiwe bayiswa eBabele nguNebukadinesari, inkosi yaseBabele, babuyela eJerusalema nakwaJuda, kwaba yilowo nalowo emzini wakubo,

[2]bafika noZerubabele, noJeshuwa, noNehemiya, noSeraya, noRehelaya, noMoridekayi, noBilishani, noMisipari, noBigivayi, noRehumi, noBahana. Umumo wamadoda abantu bakwa-Israyeli nanku:

[3]abantwana bakwaPharoshi: yizinkulungwane ezimbili nekhulu namashumi ayisikhombisa nambili;

[4]abantwana bakwaShefathiya: ngamakhulu amathathu namashumi ayisikhombisa nambili;

[5]abantwana bakwa-Ara: ngamakhulu ayisikhombisa namashumi ayisikhombisa nanhlanu;

[6]abantwana bakwaPhakati Mowabi babantwana bakwaJeshuwa noJowabe: yizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisishiyagalombili neshumi nambili;

[7]abantwana bakwa-Elamu: yinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisihlanu nane;

[8]abantwana bakwaZathu: ngamakhulu ayisihiyagalolunye namashumi amane nanhlanu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9abantwana bakwaZakayi: ngamakhulu ayisikhombisa namashumi
ayisithupha;

10abantwana bakwaBani: ngamakhulu ayisithupha namashumi amane
nambili;

11abantwana bakwaBebayi: ngamakhulu ayisithupha namashumi amabili
nantathu;

12abantwana bakwa-Azigadi: yinkulungwane namakhulu amabili namashumi
amabili nambili;

13abantwana bakwa-Adonikamu ngamakhulu ayisithupha namashumi
ayisithupha nesithupha;

14abantwana bakwaBigivayi: yizinkulungwane ezimbili namashumi
ayisihlanu nesithupha;

15abantwana bakwa-Adini: ngamakhulu amane namashumi ayisihlanu nane;

16abantwana bakwa-Atheri kaHezekiya: ngamashumi ayisishiyagalolunye
nesishiyagalombili;

17abantwana bakwaBesayi: ngamakhulu amathathu namashumi amabili
nantathu;

18abantwana bakwaJora: yikhulu neshumi nambili;

19abantwana bakwaHashumi: ngamakhulu amabili namashumi amabili
nantathu;

20abantwana bakwaGibari: ngamashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu;

21abantwana baseBetlehema: yikhulu namashumi amabili nantathu;

22amadoda aseNethofa; ngamashumi ayisihlanu nesithupha;

23amadoda ase-Anathoti: yikhulu namashumi amabili nesishiyagalombili;

24abantwana base-Azimaveti: ngamashumi amane nambili;

25abantwana baseKiriyati Arimi, naseKhefira, naseBeyeroti: ngamakhulu
ayisikhombisa namashumi amane nantathu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26abantwana baseRama naseGeba: ngamakhulu ayisithupha namashumi
amabili nanye;

27amadoda aseMikimasi: yikhulu namashumi amabili nambili;

28amadoda aseBethele nase-Ayi: ngamakhulu amabili namashumi amabili
nantathu;

29abantwana baseNebo: ngamashumi ayisihlanu nambili;

30abantwana baseMagibishi: yikhulu namashumi ayisihlanu nesithupha;

31abantwana bakwa-Elamu omunye: yinkulungwane namakhulu amabili
namashumi ayisihlanu nane;

32abantwana bakwaHarimi: ngamakhulu amathathu namashumi amabili;

33abantwana baseLodi naseHadidi nase-Ono: ngamakhulu ayisikhombisa
namashumi amabili nanhlanu;

34abantwana baseJeriko: ngamakhulu amathathu namashumi amane
nanhlanu;

35abantwana baseSenawa; yizinkulungwane ezintathu namakhulu ayisithupha
namashumi amathathu.

36Abapristi: abantwana bakwaJedaya bendlu kaJeshuwa: ngamakhulu
ayisishiyagalolunye namashumi ayisikhombisa nantathu;

37abantwana bakwa-Imeri: yinkulungwane namashumi ayisihlanu nambili;

38abantwana bakwaPhashuri: yinkulungwane namakhulu amabili namashumi
amane nesikhombisa;

39abantwana bakwaHarimi: yinkulungwane neshumi nesikhombisa.

40AmaLevi: abantwana bakwaJeshuwa noKadimiyeli babantwana
bakwaHodaviya: ngamashumi ayisikhombisa nane;

41Abahlabeleli: abantwana bakwa Asafa: yikhulu namashumi amabili
nesishiyagalombili;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42abantwana babalindisango: abantwana bakwaShalumi, nabantwana bakwa-Atheri, nabantwana bakwaThalimoni, nabantwana bakwa-Akubi, nabantwana bakwaHathita, nabantwana bakwaShobayi, bonke beyikhulu namashumi amathathu nesishiyagalolunye.

43AmaNethini: ngabantwana bakwaSiha, nabantwana bakwaHasufa, nabantwana bakwaThabawoti,

44nabantwana bakwaKerosi, nabantwana bakwaSiyaha, nabantwana bakwaPhadoni,

45nabantwana bakwaLebana, nabantwana bakwaHagaba, nabantwana bakwa-Akubi,

46nabantwana bakwaHagabi, nabantwana bakwaShamulayi, nabantwana bakwaHanani,

47nabantwana bakwaGideli, nabantwana bakwaGahari, nabantwana bakwaRewaya,

48nabantwana bakwaResini, nabantwana bakwaNekhoda, nabantwana bakwaGazamu,

49nabantwana bakwa-Uza, nabantwana bakwaPhaseya, nabantwana bakwaBesayi,

50nabantwana bakwa-Asina, nabantwana bakwaMehuni, nabantwana bakwaNefisimi,

51nabantwana bakwaBakibuki, nabantwana bakwaHakufa, nabantwana bakwaHarihuri,

52nabantwana bakwaBasiluthi, nabantwana bakwaMehida, nabantwana bakwaHarisha,

53nabantwana bakwaBarikhosi, nabantwana bakwaSisera, nabantwana bakwaThema,

54nabantwana bakwaNesiya, nabantwana bakwaHathifa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

55Abantwana bezinceku zikaSolomoni: ngabantwana bakwaSothayi,
nabantwana bakwaHasofereti, nabantwana bakwaPheruda,

56nabantwana bakwaJahala, nabantwana bakwaDarikoni, nabantwana
bakwaGideli,

57nabantwana bakwaShefathiya, nabantwana bakwaHathili, nabantwana
bakwaPhokereti Hasebayimi, nabantwana bakwa-Ami.

58Onke amaNethini nabantwana bezinceku zikaSolomoni babe ngamakhulu
amathathu namashumi ayisishiyagalolunye nambili.

59Nampa abakhuphuka eTheli Mela, naseTheli Harisha, naseKherubi, nase-
Adani, nase-Imeri, kepha babengenakusho izindlu zawoyise nozalo lwabo
ukuba babengabakwa-Israyeli yini:

60ngabantwana bakwaDelaya, nabantwana bakwaThobiya, nabantwana
bakwaNekhoda, bengamakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu nambili.

61 Abantwana babapristi: ngabantwana bakwaHabaya, nabantwana
bakwaHakhosi, nabantwana bakwaBarizilayi, owathatha umfazi
emadodakazini kaBarizilayi wakwaGileyadi, wabizwa ngegama lawo.

62Labo bafuna ukubhalwa kwabo phakathi kwababhaliweyo ngezizukulwane,
kepha kabafunyanwanga; ngalokho bakhishwa ebupristini, kwathiwa
bangcolile.

63 Umbusi washo kubo ukuba bangadli okungcwelengcwele, kuze kuvele
umpristi one-Urimi neThumini.

64Lonke ibandla selihlangene laliyizinkulungwane ezingamashumi amane
nambili namakhulu amathathu namashumi ayisithupha,

65ngaphandle kwezinceku zabo nezincekukazi zabo ezaziyizinkulungwane
eziyisikhombisa namakhulu amathathu namashumi amathathu nesikhombisa;
babe nabahlabeleli besilisa nabesifazane abangamakhulu amabili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

66Amahhashi abo ayengamakhulu ayisikhombisa namashumi amathathu nesithupha; iminyuzi yabo yayingamakhulu amabili namashumi amane nanhlanu;

67amakamela abo ayengamakhulu amane namashumi amathathu nanhlanu; izimbongolo zaziyizinkulungwane eziyisithupha namakhulu ayisikhombisa namashumi amabili.

68Ezinye izinhloko zawoyise ekufikeni kwazo endlini kaJehova eseJerusalema zanikelela ngenhliziyo indlu kaNkulunkulu ukuba imiswe endaweni yayo;

69zanikelela isikhwama somsebenzi njengokwamandla azo amadarike ayizinkulungwane ezingamashumi ayisithupha nanye egolide, namamane ayizinkulungwane eziyisihlanu esiliva, nezambatho zabapristi eziyikhulu.

70Base behlala abapristi, namaLevi, nabanye abantu abathile, nabahlabeleli, nabalindisango, namaNethini emizini yabo, bonke abakwa-Israyeli emizini yabo.

## U-Ezra 3

### I-altare leminikelo yokushiswa. Umkhosi wamadokodo. Isisekelo sethempeli

1 Lapho isisondela inyanga yesikhombisa, abantwana bakwa-Israyeli besemizini, abantu babuthana eJerusalema njengomuntu munye.

2Kwase kusuka uJeshuwa indodana kaJosadaki, nabafowabo abapristi, noZerubabele indodana kaSheyalitiyeli, nabafowabo, bakha i-altare likaNkulunkulu ka-Israyeli ukuba banikele ngeminikelo yokushiswa phezu kwalo njengokulotshiweyo emthethweni kaMose umuntu kaNkulunkulu.

3 Balimisa i-altare endaweni yalo, ngokuba babe novalo ngenxa yabantu balawo mazwe, banikela ngeminikelo yokushiswa kuJehova phezu kwalo, yebo, iminikelo yokushiswa ekuseni nakusihlwa.

4 Bagcina umkhosi wamadokodo njengokulotshiweyo, banikela ngeminikelo yokushiswa imihla ngemihla ngomumo njengokomthetho nanjengokwesiyalezo sezinsuku ngezinsuku,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 nangasemuva umnikelo oshiswa imihla yonke, neyokwethwasa kwenyanga, neyemikhosi yonke emisiweyo kaJehova eyayingcwelisiwe, neyabo bonke abanikela ngenhliziyo ngeminikelo yesihle kuJehova.

6 Ngosuku lokuqala lwenyanga yesikhombisa baqala ukunikela ngeminikelo yokushiswa kuJehova; kepha isisekelo sethempeli sasingakabekwa.

7 Banika nababazi bamatshe imali kanye nababazi bemithi; banika amaSidoni nabaseTire ukudla nokuphuza namafutha ukuba balande imisedari eLebanoni, bayiyise elwandle eJopha ngemvume kaKoresi inkosi yasePheresiya kubo.

8 Ngomnyaka wesibili wokufika kwabo endlini kaNkulunkulu eJerusalema ngenyanga yesibili uZerubabele, indodana kaSheyalitiyeli, noJeshuwa indodana kaJosadaki, nensali yabafowabo abapristi, namaLevi, nabo bonke abafike eJerusalema bevela ekuthunjweni baqala ukumisa amaLevi, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu ukuba babonise umsebenzi wendlu kaJehova.

9 Base bema uJeshuwa namadodana akhe nabafowabo, noKadimiyeli namadodana akhe, amadodana akwaJuda, njengomuntu munye ukuba babonise izisebenzi endlini kaJehova, kanye namadodana kaHenadadi namadodana awo nabafowabo amaLevi.

10 Lapho abakhi sebebeka isisekelo sethempeli likaJehova, bamisa abapristi begqokile benamacilongo kanye namaLevi, amadodana ka-Asafa, enamasimbali ukuba badumise uJehova njengehlelo likaDavide inkosi yakwa-Israyeli.

11 Baphendulana ngokumdumisa nangokumbonga uJehova, bathi: Ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade phezu kuka-Israyeli. Bonke abantu bakhamuluka ngokukhamuluka okukhulu ekumdumiseni kwabo uJehova, ngokuba isisekelo sendlu kaJehova sase sibekiwe.

12 Abaningi babapristi namaLevi, nezinhloko zawoyise, abadala ababeyibonile indlu yokuqala, bakhala ngezwi elikhulu ekubekweni

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kwesisekelo saleyo ndlu phambi kwamehlo abo; abaningi bakhamuluka ngentokozo,

13ngangokuba abantu babengenakwahlukanisa izwi lokukhamuluka kwentokozo nezwi lokukhala kwabantu, ngokuba abantu bakhamuluka ngokukhamuluka okukhulu, umsindo wezwakala kude.

## U-Ezra 4

### Umsebenzi wokwakha uyathiywa

1Kwathi lapho izitha zakwaJuda nezakwaBenjamini sezizwile ukuthi abathunjwa bakhela uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ithempeli,

2zasondela kuZerubabele nakuzo izinhloko zawoyise, zathi kubo: Masakhe nani, ngokuba sifuna uNkulunkulu wenu njengani, sinikela kuye kwasemihleni ka-Esari Hadoni inkosi yase-Asiriya owasikhuphulela lapha.

3 Kepha oZerubabele noJeshuwa nensali yezinhloko zawoyise bakwa-Israyeli bathi kuzo: Aninandaba nathi yokwakhela uNkulunkulu wethu indlu, kepha thina sodwa siyakumakhela uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli njengokusiyala kwenkosi uKoresi, inkosi yasePheresiya.

4Abantu balelo zwe base bedangalisa izandla zabantu bakwaJuda, babesabisa ekwakheni,

5babaqashela abeluleki, bashafisa amasu abo zonke izinsuku zikaKoresi, inkosi yasePheresiya, kwaze kwaba sekubuseni kukaDariyu inkosi yasePheresiya.

6Ekubuseni kuka-Ahashiveroshi, ekuqaleni kokubusa kwakhe, baloba bamangalela abakhileyo kwaJuda naseJerusalema.

7Emihleni ka-Aritahishashita oBishilamu, noMithiredati, noThabeyeli, nabanye abangane bakhe baloba ku-Aritahishashita inkosi yasePheresiya; okulotshiweyo kwakunjengokulotshwa kwesi-Aramu, kwachazwa ngesi-Aramu.

8URehumi unqamulajuqu noShimshayi, umbhali, babhala incwadi enje ku-Aritahishashita inkosi ngeJerusalema ngokuthi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9URehumi unqamulajuqu noShimshayi, umbhali, nabanye abangane babo,
amaDinayi, nama-Afarisathiki, namaTharipheli, nama-Afarisi, nama-Arikhevi,
nabaseBabele, namaShushaniki, namaDehavi, nama-Elamu,

10nezinye izizwe ezathunjwa ngu-Osinaphari omkhulu nodumileyo,
zahlaliswa emzini waseSamariya nakwelinye phesheya koMfula, nokuthi
nokuthi.

11Nansi impinda yencwadi abayithuma ku-Aritahishashita inkosi yokuthi:
Izinceku zakho, abantu abaphesheya koMfula, nokuthi nokuthi.

12 Makwazeke enkosini ukuthi abaJuda abakhuphuka kuwe sebefikile kithi
eJerusalema; bayawakha umuzi ohlubukileyo nonengekayo; sebeyakuqeda
izingange, bahlanganise izisekelo.

13 Makwazeke enkosini, kalokhu, ukuthi uma lo muzi wakhiwa, ziqedwe
izingange, abayikuthela intela, nenkokhiso, nemali yendlela, okuyakulimaza
amakhosi ekugcineni.

14Njengokuba manje sidla usawoti wendlu yenkosi, kungasifanele ukuba
sibone ihlazo lenkosi, ngalokho sithumele sayazisa inkosi

15ukuba kucingwe encwadini yezindaba yawoyihlo; uyakufumana encwadini
yezindaba, wazi ukuthi lo muzi ungumuzi ohlubukayo, olimaza amakhosi
namazwe, nokuthi benzile ukwambuka phakathi kwawo kwasendulo;
ngalokho lo muzi wachithwa.

16Siyazisa inkosi ukuthi uma lo muzi wakhiwa, ziqedwe izingange zawo,
ngalokho awusayikuba nasiqephu phesheya koMfula.

17Inkosi yayisithuma incwadi kuRehumi unqamulajuqu noShimshayi umbhali
nabanye abangane babo ababehlala eSamariya nakwelinye phesheya koMfula
yokuthi: Ukuthula, nokuthi nokuthi.

18 Incwadi enayithuma kithina ifundwe kahle phambi kwami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Ngayaleza, kwacingwa, kufumanisekile ukuthi lowo muzi uziphakamisele amakhosi kwasendulo nokuthi ukuhlubuka nokwambuka kwenziwe phakathi kwawo.

20 Kade kwakukhona amakhosi anamandla naphezu kweJerusalema, ayebusa lonke elingaphesheya koMfula; aphiwa intela, nenkokhiso, nemali yendlela.

21Makuyalezwe ukuba labo bantu bathiywe, ungakhiwa lowo muzi, ngize ngiyaleze mina.

22Xwayani ukuba ningayekethisi kulokho; kungase kwande ukonakala, kulimaze amakhosi, na?

23Lapho impinda yencwadi yenkosi u-Aritahishashita isifundiwe phambi kwawoRehumi noShimshayi umbhali nabangane babo, bashesha baya eJerusalema kubaJuda, babathiya ngezikhwepha nangamandla.

24Wawusuthiywa umsebenzi wendlu kaNkulunkulu eseJerusalema. Wathiywa kwaze kwaba ngumnyaka wesibili wokubusa kukaDariyu inkosi yasePheresiya.

## U-Ezra 5

### Umsebenzi wokwakha uyaqala futhi. UDariyu uyabhalelwa

1 Abaprofethi, uHagayi umprofethi noZakariya indodana ka-Ido, baprofetha kubaJuda ababekwaJuda naseJerusalema ngegama likaNkulunkulu ka-Israyeli owayephezu kwabo.

2Kwase kusuka uZerubabele indodana kaSheyalitiyeli noJeshuwa, indodana kaJosadaki, baqala ukwakha indlu kaNkulunkulu eseJerusalema; abaprofethi bakaNkulunkulu babenabo bebasiza.

3Ngasona leso sikhathi kwafika kubo uThathenayi, umbusi phesheya koMfula, noShethati Bozenayi, nabangane babo, basho kanje kubo, bathi: Ngubani owaniyaleza ukwakha le ndlu nokuqeda lolu gange na?

4Khona sabatshela ukuthi angobani amagama abantu abakha le ndlu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Kepha iso likaNkulunkulu wabo laliphezu kwamalunga abaJuda, ababathiyanga, ize iye leyo ndaba kuDariyu, kubuyiselwe impendulo ngayo ngencwadi.

6Nansi impinda yencwadi uThathenayi, umbusi wapheseya koMfula, noShethari Bozenayi, nabangane bakhe ama-Afarisaki ayengapheseya koMfula abayithuma kuDariyu inkosi;

7bathuma incwadi kuye okulotshwe kuyo ukuthi: KuDariyu inkosi; makube ngukuthula konke.

8 Makwazeke enkosini ukuthi saya ezweni lakwaJuda endlini kaNkulunkulu omkhulu eyakhiwe ngamatshe amakhulu, imithi ifakwe ezindongeni; lo msebenzi uqhubeka ngesineke, unempumelelo ezandleni zabo.

9 Sase sibuza kulawo malunga, sasho kuwo kanje, sathi: Ngubani owaniyaleza ukwakha le ndlu nokuqeda lolu gange na?

10Sabuza namagama abo ukuba sikwazise, sibhale amagama abantu ababe yizinhloko zabo.

11 Babuyisela impendulo kithi, bathi: Thina siyizinceku zikaNkulunkulu wezulu nomhlaba, sakha indlu ekade yakhiwa sekudlule iminyaka eminingi, eyakhiwa yinkosi enkulu yakwa-Israyeli, yaqedwa.

12 Kepha ngokuba obaba bese bemthukuthelisile uNkulunkulu wezulu, wabanikela esandleni sikaNebukadinesari inkosi yaseBabele, umKaledi, owachitha le ndlu, wabamukisa, wabayisa eBabele.

13 Kepha ngomnyaka wokuqala kaKoresi inkosi yaseBabele, uKoresi inkosi wakhipha isimemezelo sokuba kwakhiwe le ndlu kaNkulunkulu.

14 Futhi izitsha zegolide nezesiliva zendlu kaNkulunkulu azikhipha uNebukadinesari ethempelini elaliseJerusalema wazingenisa ethempelini laseBabele, zona lezo uKoresi inkosi wazikhipha ethempelini laseBabele, zanikwa omunye ogama lakhe lalinguSheshebasari, owayemenze umbusi;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15wathi kuye: Thatha lezi zitsha, uye uzibeke ethempelini eliseJerusalema, indlu kaNkulunkulu yakhiwe endaweni yayo.

16Wayesefika lowo Sheshebasari, wabeka izisekelo zendlu kaNkulunkulu eseJerusalema; kusukela kuleso sikhathi kuze kube manje isakhiwa njalo, kayikapheli.

17 Ngalokho uma kukuhle enkosini, makucingwe endlini yengcebo yenkosi elapho eBabele ukuba kunjalo yini ukuthi uKoresi inkosi wakhipha isimemezelo sokuba kwakhiwe le ndlu kaNkulunkulu eJerusalema; inkosi mayithume kithi inhloso yayo ngalokho.

## U-Ezra 6

### Ithempeli liyaqedwa; liyahlanjululwa

1Khona uDariyu wakhipha isimemezelo, kwacingwa endlini yezincwadi, lapho ingcebo yayibekelelwa khona eBabele.

2Kwafunyanwa e-Akimetha endlini yamakhosi esezweni laseMediya umqulu okwakulotshwe kuwo isikhumbuzo sokuthi:

3 Ngomnyaka wokuqala kaKoresi inkosi, uKoresi inkosi wakhipha isimemezelo sokuthi: Ngendlu kaNkulunkulu eseJerusalema, indlu mayakhiwe endaweni lapho benikelela khona ngemihlatshelo, zibekwe izisekelo zayo, ziqine, ukuphakama kwayo kube yizingalo ezingamashumi ayisithupha, ububanzi bayo bube yizingalo ezingamashumi ayisithupha;

4 ayibe nezinhla ezintathu zamatshe amakhulu, nohla lwemithi emisha, izindleko zikhishwe endlini yenkosi;

5 futhi izitsha zegolide nezesiliva zendlu kaNkulunkulu, uNebukadinesari azikhipha ethempelini eliseJerusalema waziyisa eBabele, mazibuyiswe, ziyiswe ethempelini eliseJerusalema, kube yileso naleso endaweni yaso, zibekwe endlini kaNkulunkulu.

6 Ngalokho, Thathenayi, mbusi phesheya koMfula, nawe Shethari Bozenayi nabangane benu ama-Afarisaki abangaphesheya koMfula, manibe kude nalapho;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7wuyekeni umsebenzi waleyo ndlu kaNkulunkulu; umbusi wabaJuda
namalunga abaJuda mabakhe le ndlu kaNkulunkulu endaweni yayo.

8 Futhi ngikhipha isimemezelo ngeniyakukwenza kulawo malunga abaJuda
ukuba kwakhiwe leyo ndlu kaNkulunkulu: labo bantu mabanikwe kakhulu
izindleko empahleni yenkosi, intela yaphesheya koMfula, ukuba
bangathiywa.

9Abakudingayo, amaduna, nezinqama, namawundlu okuyakuba yiminikelo
yokushiswa kuNkulunkulu wezulu, kanye nokolweni, nosawoti, newayini,
namafutha, njengezwi labapristi abaseJerusalema, mabanikwe khona imihla
ngemihla kungaphuthi

10ukuba banikele ngemihlatshelo yephunga elimnandi kuNkulunkulu wezulu,
bakhulekele ukuphila kwenkosi namadodana ayo.

11 Futhi ngikhiphe isimemezelo sokuthi yilowo nalowo oguqula leli zwi,
makukhishwe umuthi endlini yakhe, aphakanyiswe, abethelwe kuwo, indlu
yakhe yenziwe ibe yiquba ngenxa yalokho,

12uNkulunkulu ohlalise khona igama lakhe awise phansi onke amakhosi
nabantu abayakwelula izandla zabo ukuba baguqule lokho, bachithe le ndlu
kaNkulunkulu eseJerusalema. Mina Dariyu ngikhiphe isimemezelo;
masenziwe ngaso sonke isineke.

13Khona uThathenayi umbusi waphesheya koMfula, noShethari Bozenayi,
nabangane babo benza kanjalo ngesineke sonke, ngokuba uDariyu inkosi
wayethumele.

14 Amalunga abaJuda ayesakha, aba nempumelelo ngokuprofetha
kukaHagayi umprofethi noZakariya indodana ka-Ido. Akha, aqeda
njengokwesiyalezo sikaNkulunkulu ka-Israyeli, nanjengokwesiyalezo
sikaKoresi, noDariyu, no-Aritahishashita, inkosi yasePheresiya.

15Yaqedwa leyo ndlu ngosuku lwesithathu lwenyanga ka-Adari ngomnyaka
wesithupha wokubusa kukaDariyu inkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Abantwana bakwa-Israyeli, abapristi namaLevi nabanye abathunjwa,
bagcina ukuhlanjululwa kwaleyo ndlu kaNkulunkulu ngokuthokoza.

17Banikela ekuhlanjululweni kwaleyo ndlu kaNkulunkulu ngezinkunzi
eziyikhulu, nangezinqama ezingamakhulu amabili, nangamawundlu
angamakhulu amane, kanye nezimpongo eziyishumi nambili zibe ngumnikelo
wokona ngo-Israyeli wonke njengokomumo wezizwe zakwa-Israyeli.

18 Bamisa abapristi ngamaqembu abo namaLevi ngezigaba zawo ukuba
baphathe inkonzo kaNkulunkulu eseJerusalema njengokulotshiweyo
encwadini kaMose.

19 Abathunjwa bagcina iphasika ngolweshumi nane lwenyanga yokuqala.

20Ngokuba abapristi namaLevi babezihlambululile kanyekanye; bonke
babehlambulukile; bahlabela bonke abathunjwa iphasika, nabafowabo
abapristi, bazihlabela nabo uqobo lwabo.

21Abantwana bakwa-Israyeli ababebuyile ekuthunjweni, nabo bonke
ababezahlukanisele kubo nokungcola kwabezizwe balelo zwe ukuba bafune
uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli badla;

22bagubha umkhosi wesinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa
ngokuthokoza, ngokuba uJehova wayebathokozisile, waguqulela inhliziyo
yenkosi yase-Asiriya kubo ukuba kuqiniswe izandla zabo emsebenzini wendlu
kaNkulunkulu, uNkulunkulu ka-Israyeli.

## U-Ezra 7

### U-Ezra uya eJerusalema

1Emva kwalokho esabusa u-Aritahishashita, inkosi yasePheresiya, u-Ezra
kaSeraya ka-Azariya kaHilikiya,

2kaShalumi kaSadoki ka-Ahithubi

3ka-Amariya ka-Azariya kaMerayoti

4kaZeraya ka-Uzi kaBuki

5ka-Abishuwa kaFinehasi ka-Eleyazare ka-Aroni umpristi omkhulu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6u-Ezra lo wakhuphuka eBabele; wayengumbhali echwepheshile emthethweni kaMose awunikiweyo nguJehova uNkulunkulu ka-Israyeli; inkosi yamnika konke akucelayo ngokwesandla sikaJehova uNkulunkulu wakhe esasiphezu kwakhe.

7Kwakhuphuka nabanye abantwana bakwa-Israyeli, nabapristi, namaLevi, nabahlabeleli, nabalindisango, namaNethini, baya eJerusalema ngomnyaka wesikhombisa ka-Aritahishashita inkosi.

8Wafika eJerusalema ngenyanga yesihlanu ngomnyaka wesikhombisa wenkosi.

9 Ngokuba ngolokuqala lwenyanga yokuqala waqala ukukhuphuka eBabele; ngolokuqala lwenyanga yesihlanu wafika eJerusalema ngokwesandla esihle sikaNkulunkulu wakhe esasiphezu kwakhe,

10ngokuba u-Ezra wayebhekise inhliziyo yakhe ukufuna umthetho kaJehova, nokwenza nokufundisa izimiso nezahlulelo kwa-Israyeli.

11Lokhu kuyimpinda yencwadi inkosi u-Aritahishashita eyamnika yona u-Ezra umpristi nombhali, umbhali wamazwi emiyalo kaJehova nawezimiso zakhe ku-Israyeli, yokuthi:

12 U-Aritahishashita, inkosi yamakhosi ku-Ezra, umpristi nombhali womthetho kaNkulunkulu wezulu; ukuthula, nokuthi nokuthi.

13 Ngikhipha isimemezelo sokuthi bonke abantu bakwa-Israyeli, nabapristi babo, namaLevi embusweni wami, abafuna ukuya eJerusalema, bangahamba nawe,

14 njengokuba uthunyiwe yinkosi nabeluleki bayo abayisikhombisa ukubuza ngelakwaJuda neJerusalema njengokomthetho kaNkulunkulu wakho osesandleni sakho,

15 nokuyisa isiliva negolide inkosi nabeluleki bayo abalinikele ngesihle kuNkulunkulu ka-Israyeli ondlu yakhe iseJerusalema,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16kanye nalo lonke isiliva negolide oyakukufumana ezweni lonke laseBabele, neminikelo yesihle yabantu neyabapristi, benikelela ngesihle indlu kaNkulunkulu wabo eseJerusalema.

17Ngalokho uyakuthenga ngesineke sonke ngale mali izinkunzi, nezinqama, namawundlu kanye neminikelo yakho yempuphu neminikelo yakho yokuphuzwa, unikele ngakho e-altare lendlu kaNkulunkulu wenu eseJerusalema.

18 Okuhle kuwe nakubafowenu ukuba nikwenze ngesiliva negolide eliseleyo, kwenzeni ngokwentando kaNkulunkulu wenu.

19Izitsha onikwe zona ukuba zibe ngezenkonzo yendlu kaNkulunkulu wakho, zibuyisele phambi kukaNkulunkulu waseJerusalema.

20Okunye okudingekayo endlini kaNkulunkulu wakho, ofanele ukukunika, kukhiphe endlini yengcebo yenkosi.

21 Kimina, yebo, mina Aritahishashita inkosi, kukhishwa isimemezelo kubo bonke abaphathizikhwama abangaphesheya koMfula ukuthi konke u-Ezra umpristi nombhali womthetho kaNkulunkulu wezulu ayakukubiza kini, makwenziwe ngesineke sonke,

22kuze kube ngamatalenta ayikhulu esiliva, namakhora ayikhulu kakolweni, namabhati ayikhulu ewayini, namabhati ayikhulu amafutha, nosawoti ongabaliwe.

23Konke okusesimemezelweni sikaNkulunkulu wezulu makwenzelwe ngesineke indlu kaNkulunkulu wezulu, ngokuba kungase kube khona intukuthelo phezu kombuso wenkosi namadodana ayo na?

24Futhi siyanazisa ukuthi akakho onegunya lokuthelisa abapristi namaLevi, nabahlabeleli, nabalindisango, namaNethini, nezinceku zale ndlu kaNkulunkulu intela, nenkokhiso, nemali yendlela.

25 Wena-ke, Ezra, ngokuhlakanipha kukaNkulunkulu wakho okusesandleni sakho, misa abahluleli nabaholi abayakwahlulela bonke abantu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

abangaphesheya koMfula, bonke abazi imithetho kaNkulunkulu wakho; nongayaziyo nimfundise.

26Bonke abangayikwenza umthetho kaNkulunkulu wakho nomthetho wenkosi mabahlulelwe ngaso sonke isineke, noma kube ngokokufa noma okokuxoshwa, noma impahla yabo ibe yisizi, noma kube ngukuboshwa.

27Makabongwe uJehova uNkulunkulu wawobaba obeke enhliziyweni yenkosi ukuhlobisa indlu kaJehova eseJerusalema,

28wehlisela phezu kwami umusa phambi kwenkosi, nabeluleki bayo, naphambi kwezikhulu zonke zenkosi ezingamaqhawe. Mina ngaqiniswa ngokwesandla seNkosi uNkulunkulu wami esasiphezu kwami, ngabutha ku-Israyeli abayizinhloko ukuba bakhuphuke nami.

## U-Ezra 8

### Abakhuphuka no-Ezra

1 Nazi izinhloko zawoyise, nazi izizukulwane zabakhuphuka nami eBabele ekubuseni kuka-Aritahishashita inkosi:

2Kumadodana kaFinehasi: nguGereshomu; kumadodana ka-Itamari: nguDaniyeli; kumadodana kaDavide: nguHathushi.

3Kumadodana kaShekaniya, kumadodana kaPharoshi: nguZakariya; kanye naye kwabhalwa ngezizukulwane abesilisa abayikhulu namashumi ayisihlanu.

4Kumadodana kaPhahati Mowabi: ngu-Eliyohenayi indodana kaZeraya; kanye naye ngabesilisa abangamakhulu amabili.

5Kumadodana kaShekaniya: yindodana kaJahaziyeli; kanye nayo ngabesilisa abangamakhulu amathathu.

6Kumadodana ka-Adini: ngu-Ebedi indodana kaJonathani; kanye naye ngabesilisa abangamashumi ayisihlanu.

7Kumadodana ka-Elamu: nguJeshaya indodana ka-Athaliya; kanye naye ngabesilisa abangamashumi ayisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[8]Kumadodana kaShefathiya: nguZebadiya indodana kaMikayeli; kanye naye ngabesilisa abangamashumi ayisishiyagalombili.

[9]Kumadodana kaJowabe: ngu-Obadiya indodana kaJehiyeli; kanye naye ngabesilisa abangamakhulu amabili neshumi nesishiyagalombili.

[10]Kumadodana kaShelomiti: yindodana kaJosifiya; kanye nayo ngabesilisa abayikhulu namashumi ayisithupha.

[11]Kumadodana kaBebayi: nguZakariya indodana kaBebayi; kanye naye ngabesilisa abangamashumi amabili nesishiyagalombili.

[12]Kumadodana ka-Azigadi: nguJohanani indodana kaHakathani; kanye naye ngabesilisa abayikhulu neshumi.

[13]Kumadodana ka-Adonikamu, awokugcina: nanka amagama awo: ngo-Elifeleti, noJehiyeli, noShemaya, nabesilisa abangamashumi ayisithupha kanye nabo.

[14]Kumadodana kaBigivayi: ngo-Uthayi noZabudi; kanye nabo ngabesilisa abanamashumi ayisikhombisa.

[15]Ngababutha emfuleni oya e-Ahava; samisa khona izinsuku ezintathu; ngabheka abantu nabapristi, angifumananga khona noyedwa wamadodana kaLevi.

[16]Ngase ngithuma ngibiza o-Eliyezeri, no-Ariyeli, noShemaya, no-Elinathani, noJaribi, no-Elinathani, noNathani, noZakariya, noMeshulamu abayizinhloko, kanye noJoyaribi no-Elinathani abafundisayo.

[17]Ngabathuma ku-Ido, inhloko yasendaweni yaseKhasifiya, ngabeka emlonyeni wabo amazwi abayakuwakhuluma ku-Ido nakubafowabo amaNethini endaweni yaseKhasifiya ukuba basilethele izinceku zendlu kaNkulunkulu wethu.

[18]Ngesandla esihle sikaNkulunkulu wethu esasiphezu kwethu basilethela umuntu onengqondo wamadodana kaMaheli indodana kaLevi ka-Israyeli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kanye noSherebiya namadodana akhe nabafowabo, beyishumi nesishiyagalombili,

19noHashabiya enoJeshaya wamadodana kaMerari, nabafowabo namadodana abo, bengamashumi amabili,

20nakuwo amaNethini uDavide nezikhulu ababewanikele enkonzweni yamaLevi amaNethini angamakhulu amabili namashumi amabili, abizwa onke ngamagama.

21Ngase ngimemezela khona ukuzila ukudla ngasemfuleni i-Ahava ukuba sizithobe phambi kukaNkulunkulu, sizifunele kuye indlela emhlophe, thina nabantwana bethu, nemfuyo yethu yonke.

22Ngokuba nganginamahloni ukucela enkosini impi nabamahhashi ukuba basisize ezitheni zasendleleni, ngokuba sasikhulumile enkosini, sathi: Isandla sikaNkulunkulu wethu siphezu kwabo bonke abamfunayo ukuba kube kuhle, kepha amandla akhe nentukuthelo yakhe kuphezu kwabo bonke abamshiyayo.

23Sase sizila-ke, sanxusa uNkulunkulu wethu ngalokho, wasizwa.

24Ngase ngahlukanisa ezikhulwini zabapristi abayishumi nambili: oSherebiya, noHashabiya, nabafowabo abayishumi kanye nabo,

25ngabalinganisela isiliva negolide nezitsha, umnikelo wendlu kaNkulunkulu wethu, okwakunikelwe ngawo yinkosi nabeluleki bayo, nezikhulu zayo, naye wonke u-Israyeli owayelapho;

26ngalinganisela ezandleni zabo amatalenta angamakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu esiliva, namatalenta ayikhulu ayizitsha zesiliva, namatalenta ayikhulu egolide,

27nezindebe ezingamashumi amabili zegolide ezingamadarike ayinkulungwane, nezitsha ezimbili zethusi elikhazimulayo nelihle, eliyigugu njengegolide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28Ngathi kubo: Ningcwele kuJehova, nezitsha zingcwele; isiliva negolide kungumnikelo wesihle kuJehova uNkulunkulu wawoyihlo.

29 Lindani, nikugcine, nize nikulinganise ngaphambi kwezikhulu zabapristi nezamaLevi nezikhulu zawoyise bakwa-Israyeli eJerusalema emakamelweni endlu kaJehova.

30Base bamukela abapristi namaLevi okulinganisiweyo, isiliva negolide nezitsha, ukuba bakuyise eJerusalema endlini kaNkulunkulu wethu.

31Sase sisuka emfuleni i-Ahava ngolweshumi nambili lwenyanga yokuqala ukuba siye eJerusalema; isandla sikaNkulunkulu wethu sasiphezu kwethu, wasophula esandleni sesitha nakumqamekeli endleleni.

32Safika eJerusalema, sahlala khona izinsuku ezintathu.

33Ngosuku lwesine kwalinganiswa isiliva negolide nezitsha endlini kaNkulunkulu wethu, kwanikezwa esandleni sikaMeremoti, indodana ka-Uriya, umpristi; u-Eleyazare indodana kaFinehasi wayenaye; uJozabadi indodana kaJeshuwa noNohadiya, indodana kaBinuwi, amaLevi, babe nabo,

34konke-ke kwenziwa ngomumo nangesisindo; sonke isisindo salotshwa ngaleso sikhathi.

35 Abathunjwa abaphuma ekuthunjweni banikela ngeminikelo yokushiswa kuNkulunkulu ka-Israyeli eyizinkunzi eziyishumi nambili ngaye wonke u-Israyeli, nezinqama ezingamashumi ayisihiyagalolunye nesithupha, namawundlu angamashumi ayisikhombisa nesikhombisa, nezimpongo eziyishumi nambili zibe ngumnikelo wokona; konke kwakungumnikelo wokushiswa kuJehova.

36Banika imithetho yenkosi kothulasizwe benkosi nakubabusi phesheya koMfula; basekela abantu nendlu kaNkulunkulu.

## U-Ezra 9

### Ukuhlangana kwabakwa-Israyeli nabezizwe

1Kwathi sekuphelile lokho, izikhulu zasondela kimi, zathi: Abantu bakwa-Israyeli nabapristi namaLevi abazahlukanisanga nabantu bezizwe nezinengiso

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

zabo, ezamaKhanani, namaHeti, namaPherizi, namaJebusi, nama-Amoni, nabakwaMowabi, nabaseGibithe, nama-Amori.

2Ngokuba bazithathele amadodakazi abo, bona namadodana abo, kuze kuthi inzalo engcwele isixubene nabantu bezizwe; izandla zezikhulu nababusi yizona ebeziphambili kuleso siphambeko.

3Lapho ngizwa leyo ndaba, ngaklebhula ingubo yami nejazi lami, ngahluthula izinwele zekhanda lami nesilevu sami, ngahlala phansi ngimangele.

4Kwase kubuthana kimi bonke abathuthumela ngamazwi kaNkulunkulu ka-Israyeli ngenxa yesiphambeko sabathunjwa; ngahlala ngimangele kwaze kwaba sesikhathini somnikelo wakusihlwa.

5Ngesikhathi somnikelo wakusihlwa ngavuka ekuzileni kwami, ingubo yami nejazi lami kuklebhukile, ngaguqa ngamadolo, ngelulela izandla zami kuJehova uNkulunkulu wami,

6 ngathi: Nkulunkulu wami, nginamahloni, ngiyakhophoza ukuba ngiphakamisele ubuso bami kuwe Nkulunkulu wami, ngokuba izono zethu zandile ngaphezu kwamakhanda ethu, namacala ethu akhulile kuze kube sezulwini.

7Kusukela ezinsukwini zawobaba kuze kube namuhla sinecala elikhulu; ngenxa yezono zethu sanikelwa thina namakhosi ethu nabapristi bethu ezandleni zamakhosi abezizwe enkembeni, nasekuthunjweni, nasekuphangweni, nasemahlonini obuso njenganamuhla.

8 Kepha manje senzelwe isikhashana umusa ovela kuJehova uNkulunkulu wethu ukusishiyela insali yabasindileyo nokusinika isikhonkwane endaweni yakhe engcwele ukuba uNkulunkulu wethu akhanyise amehlo ethu, asinike ikhefu elincane ebugqileni bethu.

9Ngokuba siyizigqila; nokho uNkulunkulu wethu akasishiyanga ebugqileni bethu, kepha usenzele isihawu emehlweni amakhosi asePheresiya ukuba asinike ikhefu, simise indlu kaNkulunkulu wethu, sivuse incithakalo yayo, asinike ugange kwaJuda naseJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Manje siyakuthini, Nkulunkulu wethu, emva kwalokhu na? Ngokuba sishiyile imiyalo yakho

11 oyale ngayo ngezandla zezinceku zakho abaprofethi ngokuthi: Izwe eniya kulo ukulidla liyizwe elingcolileyo ngenxa yokungcola kwabantu bezizwe ngezinengiso zabo eziligcwalisile ngokonakalisa kwabo, kusukela ekuqaleni kuze kufike ekugcineni.

12Ngalokho ninganiki amadodana abo amadodakazi enu, futhi ningathatheli amadodana enu amadodakazi abo, ningafuni ukuthula kwabo nenhlalakahle yabo kuze kube phakade, ukuze nibe namandla, nidle okuhle kwezwe, nilishiye libe yifa labantwana benu kuze kube phakade.

13 Ngasemva kwakho konke okufike phezu kwethu ngenxa yezenzo zethu ezimbi, nangecala lethu elikhulu, nangokuba wena Nkulunkulu wethu awusijezisanga ngokufanele izono zethu, wasinika isigaba sabasindileyo njengalesi,

14singabuye saphule yini imiyalo yakho, sendiselane nalabo bantu abazenza lezi zinengiso na? Nga ungasithukutheleli uze usiqede, kuze kungabikho nsali nosindayo na?

15Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, ulungile, ngokuba sishiyiwe siyinsali nje njenganamuhla; bheka, siphambi kwakho necala lethu, nokho akakho ongema phambi kwakho ngenxa yalokho.

## U-Ezra 10

### Abesifazane babezizwe bayalahlwa

1U-Ezra esakhuleka, evuma izono ngokukhala, eziwise phansi phambi kwendlu kaNkulunkulu, kwabuthana kuye kuvela ku-Israyeli ibandla elikhulu kakhulu labesilisa nabesifazane nabantwana, ngokuba abantu bakhala ngokukhala okukhulu.

2UShekaniya, indodana kaJehiyeli, enye yamadodana ka-Elamu, wathatha wathi ku-Ezra: Siphambukile kuNkulunkulu wethu, sithathe abesifazane babezizwe kubantu bezwe. Nokho lisekhona ithemba ku-Israyeli ngale nto.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Ngalokho masenze isivumelwano noNkulunkulu wethu ukuba silahle bonke
abesifazane nabazelwe yibo ngesiluleko senkosi nesabathuthumela ngomyalo
kaNkulunkulu wethu; akwenziwe ngomthetho.

4Vuka, ngokuba iphezu kwakho le ndaba; thina sinawe; yiba nesibindi,
ukwenze.

5Wayesevuka u-Ezra, wafungisa izikhulu zabapristi, namaLevi, naye wonke u-
Israyeli ukuba benze ngokwaleli zwi. Bafunga-ke.

6Wayesevuka u-Ezra phambi kwendlu kaNkulunkulu, wangena ekamelweni
likaJehohanani indodana ka-Eliyashibi, kepha esefike khona akadlanga
sinkwa, kaphuzanga manzi, ngokuba walila ngenxa yesiphambeko
sabathunjwa.

7Bathumela izwi kwaJuda naseJerusalema kubo bonke abathunjwa ukuba
babuthane eJerusalema

8 ngokuthi bonke abangafiki ngezinsuku ezintathu ngokwesiluleko sezikhulu
namalunga kuyakudliwa yonke impahla yabo, bona bahlukaniswe nebandla
labathunjwa.

9Bonke abantu bakwaJuda nabakwaBenjamini babuthana eJerusalema
ngezinsuku ezintathu; kwakuyinyanga yesishiyagalolunye, ngolwamashumi
amabili lwenyanga; bonke abantu bahlala esigcawini ngaphambi kwendlu
kaNkulunkulu bethuthumela ngale ndaba nangemvula enkulu.

10U-Ezra, umpristi, wasukuma, wathi kubo: Niphambukile nithathe
abesifazane babezizwe ukwandisa icala lakwa-Israyeli.

11Ngalokho vumani izono kuJehova uNkulunkulu wawoyihlo, nenze intando
yakhe, nizahlukanise nabantu bezwe nabesifazane babezizwe.

12Lase liphendula lonke ibandla, lathi ngezwi elikhulu: Njengokusho kwakho
kithina nga sikwenza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Kepha abantu baningi, futhi kuyisikhathi semvula enkulu, asinakuma
phandle, futhi lo msebenzi awusiwo walusuku lunye nowezimbili, ngokuba
siphambukile kakhulu ngale ndaba.

14Izinduna zethu mazime phambi kwebandla lonke; bonke abasemizini yethu
abathathe abesifazane babezizwe mabeze ngesikhathi esinqunyiweyo,
benamalunga emizi ngemizi nabahluleli bayo, ize ibuye kithi intukuthelo
evuthayo kaNkulunkulu wethu kule ndaba.

15UJonathani, indodana ka-Asaheli, noJahazeya indodana kaThikiva kuphela
bamelana nalokho; oMeshulamu noShabethayi umLevi babasiza.

16Kepha abathunjwa benze njalo. Kwakhethwa u-Ezra, umpristi, namadoda
ayizinhloko zawoyise njengezindlu zawoyise, bonke ngamagama; bahlala
ngosuku lokuqala lwenyanga yeshumi ukuyiphenya le ndaba.

17Baqeda namadoda ayethathe abesifazane babezizwe ngosuku lokuqala
lwenyanga yokuqala.

18Abafunyaniswa phakathi kwamadodana abapristi ukuthi bathathe
abesifazane babezizwe nampa: kumadodana kaJeshuwa indodana kaJosadaki
nakubafowabo: ngoMahaseya, no-Eliyezeri, noJaribi, noGedaliya.

19Banika izandla zabo zokuthi bayakulahla abafazi babo; lokhu benecala,
banikela ngenqama yomhlambi ngecala labo.

20Kumadodana ka-Imeri: ngoHanani noZebadiya.

21Kumadodana kaHarimi: ngoMahaseya, no-Eliya, noShemaya, noJehiyeli,
no-Uziya.

22Kumadodana kaPhashuri: ngo-Eliyohenayi, noMahaseya, no-Ishmayeli,
noNethaneli, noJozabadi, no-Eleyasa.

23KumaLevi: ngoJozabadi, noShimeyi, noKhelaya onguKelitha, noPhethahiya,
noJuda, no-Eliyezeri.

24Kubahlabeleli: ngu-Eliyashibi; kubalindisango: ngoShalumi, noTeleme, no-
Uri.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Ku-Israyeli: Kumadodana kaPharoshi: ngoRamiya, no-Iziya, noMalikhiya, noMijamini, no-Eleyazare, noMalikhiya, noBenaya.

26Kumadodana ka-Elamu: ngoMathaniya, noZakariya, noJehiyeli, no-Abidi, noJeremoti, no-Eliya.

27Kumadodana kaZathu: ngo-Eliyohenayi, no-Eliyashibi, noMathaniya, noJeremoti, noZabadi, no-Aziza.

28Kumadodana kaBebayi: ngoJehohanani, noHananiya, noZabayi, no-Atilayi.

29Kumadodana kaBani: ngoMeshulamu, noMaluki, no-Adaya, noJashubi, noSheyali, noJeremoti.

30Kumadodana kaPhahati Mowabi: ngo-Adina, noKhelali, noBenaya, noMahaseya, noMathaniya, noBesaleli, noBinuwi, noManase.

31Amadodana kaHarimi: o-Eliyezeri, noJishiya, noMalikhiya, noShemaya, noShimeyoni,

32noBenjamini, noMaluki, noShemariya.

33Kumadodana kaHashumi: ngoMathenayi, noMathatha, noZabadi, no-Elifeleti, noJeremayi, noManase, noShimeyi.

34Kumadodana kaBani: ngoMahadayi, no-Amramu, no-Uweli,

35noBenaya, noBedeya, noKeluhi,

36noVaniya, noMeremoti, no-Eliyashibi,

37noMathaniya, noMathenayi, noJahasu,

38noBani, noBinuwi, noShimeyi,

39noShelemiya, noNathani, no-Adaya,

40noMakenadebayi, noShashayi, noSharayi,

41no-Azareli, noShelemiya, noShemariya,

42noShalumi, no-Amariya, noJosefa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

43Kumadodana kaNebo: ngoJehiyeli, noMatithiya, noZabadi, noSebina, no-
Ido, noJoweli, noBenaya.

44Bonke labo babethathe abesifazane babezizwe; kwakukhona phakathi
kwabo abesifazane ababezele abantwana.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# UNehemiya

## UNehemiya 1

### Umkhuleko kaNehemiya ngabakwa-Israyeli

1Amazwi kaNehemiya indodana kaHakaliya. Kwathi ngenyanga kaKhisilevi, ngomnyaka wamashumi amabili ngisendlini yenkosi yaseShushani,

2kwafika uHanani omunye wabafowethu, yena nabantu bakwaJuda; ngababuza ngabaJuda ababesele besindile ekuthunjweni nangeJerusalema.

3 Bathi kimi: Insali eseleyo ekuthunjweni lapho ezweni isekuhluphekeni okukhulu nasehlazweni; ugange lwaseJerusalema lubhidliziwe, namasango alo ashisiwe ngomlilo.

4Kwathi lapho ngizwa lawo mazwi, ngahlala phansi, ngakhala izinyembezi, ngalila izinsuku ezithile, ngazila ukudla, ngakhuleka phambi kukaNkulunkulu wezulu,

5 ngathi: Ngiyanxusa, Jehova Nkulunkulu wezulu, wena Nkulunkulu omkhulu nowesabekayo, ogcina isivumelwano nomusa nabakuthandayo nabagcina imiyalo yakho,

6ukuba indlebe yakho ilalele, namehlo akho avuleke, ukuze uzwe umkhuleko wenceku yakho engiwukhuleka phambi kwakho ngalesi sikhathi imini nobusuku ngenxa yabantwana bakwa-Israyeli izinceku zakho, lapho ngivuma izono zabantwana bakwa-Israyeli esone ngazo kuwe; yebo, nami nendlu kababa sonile.

7Senzile kabi kakhulu kuwe, asigcinanga imiyalo, nezimiso, nezahlulelo owayala ngakho inceku yakho uMose.

8 Ake ulikhumbule izwi owayala ngalo inceku yakho uMose ngokuthi: Uma niphambuka, mina ngiyakunihlakazela phakathi kwezizwe;

9 kepha uma nibuyela kimi, nigcine imiyalo yami, niyenze, noma abaxoshiweyo benu bebe semajukujukwini ezulu, ngiyakubabutha lapho nokho, ngibayise endaweni engiyikhethe ukubeka igama lami kuyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Bayizinceku zakho nabantu bakho obahlengile ngamandla akho amakhulu
nangesandla sakho esiqinileyo.

11Ngicela, Nkosi, ukuba indlebe yakho izwe umkhuleko wenceku yakho
nomkhuleko wezinceku zakho ezithokoza ngokwesaba igama lakho,
uhlahlamelise inceku yakho namuhla, uyinike umusa emehlweni alo muntu.
Bheka, ngangingumphathisitsha wenkosi.

## UNehemiya 2

### UNehemiya uvunyelwa ukuvusa izingange zaseJerusalema

1Kwathi ngenyanga kaNisani ngomnyaka wamashumi amabili ka-
Aritahishashita inkosi, iwayini liphambi kwakhe, ngaliphakamisa iwayini,
ngalinika inkosi. Ngangingazange ngibiphe phambi kwayo.

2Inkosi yathi kimi: Ubuso bakho bubipheleni, lokhu ungaguli, na? Lokhu
kungukudabuka kwenhliziyo kuphela. Ngase ngesaba kakhulu.

3 Ngathi enkosini: Mayime njalo inkosi; ubuso bami bungebiphe ngani, lapho
umuzi, indawo yamathuna awobaba, uchithekile namasango awo eshiswe
ngomlilo, na?

4Yayisithi inkosi kimi: Ukhala ngani? Ngase ngikhuleka kuNkulunkulu
wezulu.

5Ngathi enkosini: Uma kukuhle enkosini, uma inceku yakho ifumene umusa
emehlweni akho, ungivumele ukuba ngiye kwaJuda emzini wamathuna
awobaba ukuba ngiwuvuse.

6Inkosi yathi kimi, inkosikazi ihlezi eceleni kwayo: Uhambo lwakho luyakuba
yisikhathi esingakanani, nokubuya kuyakuba nini na? Kwaba kuhle-ke
enkosini ukuvuma ukuba ngihambe; ngayitshela isikhathi esithile.

7Futhi ngathi enkosini: Uma kukuhle enkosini, manginikwe izincwadi
kubabusi phesheya koMfula, ukuze bavume ukuba ngidlule ngize ngifike
kwaJuda,

8kanye nencwadi ku-Asafa umlindihlathi lenkosi ukuba anginike imithi
yemishayo yamasango enqaba ehlangene nethempeli, neyongange lomuzi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

neyendlu engiyakungena kuyo. Inkosi yanginika lokhu ngokwesandla esihle sikaNkulunkulu wami esasiphezu kwami.

9Ngase ngifika kubabusi phesheya koMfula, ngabanika izincwadi zenkosi. Inkosi yayithume nami izinduna zempi nabamahhashi.

10Kepha lapho umHoroni, uSanibalati, noThobiya inceku yakwa-Amoni sebezwile lokho, kwaba kubi kakhulu kubo ukuthi kufike umuntu ukufuna inhlalakahle ka-Israyeli.

11Ngase ngifika eJerusalema, ngahlala khona izinsuku ezintathu.

12Ngavuka ebusuku, mina nabantu abathile abayingcosana; angitshelanga muntu lokho uNkulunkulu akubeke enhliziyweni yami ukuba ngikwenzele iJerusalema; futhi kwakungekho silwane nami ngaphandle kwesilwane engangikhwele kuso.

13Ngaphuma ngeSango Lesigodi ebusuku, ngaya eMthonjeni kaDrako naseSangweni Lomquba, ngabuka izingange zaseJerusalema ezazibhidliziwe namasango alo ayeshiswe ngomlilo.

14Ngase ngikhuphukela eSangweni Lomthombo naseChibini Lenkosi, kepha kwakungekho ndawo yokuba kudlule isilwane engangiphezu kwaso.

15Ngangikhuphula umfudlana ebusuku, ngabuka ugange, ngaphenduka, ngangena ngeSango Lesigodi, ngaphindela emuva.

16Ababusi babengazi lapho ngangiye khona nengikwenzileyo; futhi ngangingakabatsheli abaJuda, nabapristi, nabakhulu, nababusi, nabanye ababewenza umsebenzi.

17Kepha ngase ngithi kubo: Niyayibona inhlupheko esikuyona, lokhu iJerusalema lichithekile namasango alo eshiswe ngomlilo; wozani sivuse ugange lwaseJerusalema ukuba singabe sisaba yihlazo.

18Ngabatshela ngesandla sikaNkulunkulu wami esasisihle phezu kwami, nangamazwi enkosi eyayiwakhulume kimi. Bathi: Masisuke sakhe, beqinisela izandla zabo lowo msebenzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[19] Kepha lapho uSanebalati, umHoroni, noThobiya inceku yakwa-Amoni, noGeshemi wase-Arabiya bezwa lokho, basihleka usulu, basidelela, bathi: Yini lokhu enikwenzayo na? Niyakuyihlubuka inkosi na?

[20]Ngase ngibabuyisela amazwi, ngathi kubo: UNkulunkulu wezulu uyakusiphumelelisa; ngalokho thina zinceku zakhe siyakusuka sakhe, kepha nina aninasabelo, nalungelo, nasikhumbuzo eJerusalema.

## UNehemiya 3

### Izingange namasango aseJerusalema kuyalungiswa

[1] Kwasuka u-Eliyashibi umpristi omkhulu nabafowabo abapristi, balakha iSango Lezimvu, balingcwelisa, bamisa izivalo zalo, yebo, kwaze kwaba naseMbhoshongweni KaHameya ababewungcwelisa, kwaze kwaba naseMbhoshongweni KaHananeli.

[2]Eceleni kwakhe kwakha abantu baseJeriko, naseceleni kwabo kwakha uZakuri indodana ka-Imri.

[3]ISango Lezinhlanzi lakhiwa ngamadodana kaHasenawa; abeka imishayo yalo, bamisa izivalo zalo nezihluthulelo zalo nemigoqo yalo.

[4]Eceleni kwabo kwalungisa uMeremoti, indodana ka-Uriya kaHakhosi. Eceleni kwabo kwalungisa uMeshulamu indodana kaBerekiya kaMeshezabeli. Eceleni kwabo kwalungisa uSadoki indodana kaBahana.

[5]Eceleni kwabo kwalungisa abaseThekhowa, kepha abakhulu babo abafakanga izintamo zabo emsebenzini wenkosi yabo.

[6]ISango Elidala lalungiswa nguJoyada indodana kaPhaseya nanguMeshulamu indodana kaBesodeya, babeka imishayo yalo, bamisa izivalo zalo nezihluthulelo zalo nemigoqo yalo.

[7]Eceleni kwabo kwalungisa uMelathiya waseGibeyoni, noJadoni waseMeronoti, amadoda aseGibeyoni naseMispa, phansi kwesihlalo sombusi phesheya koMfula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Eceleni kwabo kwalungisa u-Uziyeli indodana kaHarihaya wabakhandi begolide. Eceleni kwakhe kwalungisa uHananiya wabathaki. Baliyeka iJerusalema kwaze kwaba soGangeni Olubanzi.

9Eceleni kwabo kwalungisa uRefaya indodana kaHure, umbusi wenxenye yesifunda saseJerusalema.

10Eceleni kwakhe kwalungisa uJedaya indodana kaHarumafi malungana nendlu yakhe. Eceleni kwakhe kwalungisa uHathushi indodana kaHashabineya.

11UMalikhiya, indodana kaHarimi, noHashubi, indodana kaPhahati Mowabi, balungisa elinye ibanga noMbhoshongo Wamaziko.

12Eceleni kwabo kwalungisa uShalumi indodana kaHaloheshi, umbusi wenxenye yesifunda saseJerusalema, yena namadodakazi akhe.

13ISango Lesigodi lalungiswa nguHanuni nabakhe eZanowa; balakha, bamisa izivalo zalo nezihluthelelo zalo nemigoqo yalo, nezingalo eziyinkulungwane zogange kwaze kwaba seSangweni Lomquba.

14ISango Lomquba lalungiswa nguMalikhiya, indodana kaRekabi, umbusi wesifunda saseBeti Hakeremi; walakha, wamisa izivalo zalo nezihluthulelo zalo nemigoqo yalo.

15ISango Lomthombo lalungiswa nguShaluni, indodana kaKholi Hoze, umbusi wesifunda saseMispa; walakha, walifulela, wamisa izivalo zalo nezihluthulelo zalo nemigoqo yalo, nogange lwaseChibini laseShela ngasensimini yenkosi, kwaze kwaba sezikhwelweni ezehla emzini kaDavide.

16Emva kwakhe kwalungisa uNehemiya indodana ka-Azibuki, umbusi wenxenye yesifunda saseBeti Suri, kwaze kwaba sendaweni malungana namathuna kaDavide, nasechibini elimbiweyo, naseNdlini Yamaqhawe.

17Emva kwakhe kwalungisa amaLevi, uRehumi indodana kaBani. Eceleni kwakhe kwalungisa uHashabiya, umbusi wenxenye yesifunda saseKeyila esifundeni sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[18]Emva kwakhe kwalungisa abafowabo, uBavayi indodana kaHenadadi, umbusi wenxenye yesifunda saseKeyila.

[19]Eceleni kwakhe kwalungisa u-Ezeri indodana kaJeshuwa, umbusi waseMispa, elinye ibanga malungana nommango oya endlini yezikhali eNqutshini.

[20]Emva kwakhe kwalungisa nokulungisa uBaruki indodana kaZabayi elinye ibanga, kusukela eNqutshini kuze kube semnyango wendlu ka-Eliyashibi umpristi omkhulu.

[21]Emva kwakhe kwalungisa uMeremoti, indodana ka-Uriya kaHakhosi, elinye ibanga, kusukela emnyango wendlu ka-Eliyashibi kuze kube sekugcineni kwendlu ka-Eliyashibi.

[22]Emva kwakhe kwalungisa abapristi, abantu basethafeni.

[23]Emva kwabo kwalungisa oBenjamini noHashubi malungana nendlu yabo. Emva kwabo kwalungisa u-Azariya indodana kaMahaseya ka-Ananiya eceleni kwendlu yakhe.

[24]Emva kwakhe kwalungisa uBinuwi indodana kaHenadadi elinye ibanga, kusukela endlini ka-Azariya kuze kube seNqutshini, kuze kube naseGumbini.

[25] UPhalali, indodana ka-Uzayi, wayemalungana neNqubu nombhoshongo ophumeleleyo endlini yenkosi engasenhla ngasegcekeni letilongo. Emva kwakhe nguPhedaya indodana kaPharoshi.

[26]AmaNethini ayehlezi e-Ofeli kwaze kwaba sendaweni malungana neSango Lamanzi ngasempumalanga nombhoshongo ophumeleleyo.

[27]Emva kwakhe kwalungisa abaseThekhowa elinye ibanga malungana nombhoshongo omkhulu ophumeleleyo kwaze kwaba sogangeni lwase-Ofeli.

[28]Phezu kweSango Lehhashi kwalungisa abapristi, kwaba yilowo nalowo malungana nendlu yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29Emva kwabo kwalungisa uSadoki indodana ka-Imeri malungana nendlu yakhe. Emva kwakhe kwalungisa uShemaya indodana kaShekaniya, umlindi weSango langaseMpumalanga.

30Emva kwakhe kwalungisa uHananiya, indodana kaShelemiya, noHanuni, indodana yesithupha kaSalfi, elinye ibanga. Emva kwakhe kwalungisa uMeshulamu indodana kaBerekiya malungana nekamelo lakhe.

31Emva kwakhe kwalungisa uMalikhiya, omunye wabakhandi begolide, kwaze kwaba sendlini yamaNethini neyabathengi malungana neSango Lokubala, kwaze kwaba nasekamelweni eliphezulu laseGumbini.

32Phakathi kwekamelo eliphezulu laseGumbini neSango Lezimvu kwalungisa abakhandi begolide nabathengi.

## UNehemiya 4

### Izitha ziyabahlupha abakhayo

1 Kepha kwathi lapho uSanibalati esezwile ukuthi sabe siluvusa ugange, wathukuthela, wavutha ulaka, waklolodela abaJuda.

2Wakhuluma phambi kwabafowabo nempi yaseSamariya, wathi: Benzani laba baJuda abangenamandla na? Bayekwe bebodwa na? Bahlabe yini? Bakuqede ngosuku na? Bavuse amatshe emfuthumfuthwini yamabibi lokhu eshisiwe na?

3UThobiya wakwa-Amoni wayengakuye, wathi: Yebo, nalokho abakwakhayo, uma kukhuphuka impungushe, iyakulubhidliza ugange lwamatshe abo.

4Ngase ngikhuleka ngathi: Yizwa, Nkulunkulu wethu, ngokuba sidelelekile, ubuyisele inhlamba yabo phezu kwamakhanda abo, ubanikele ukuba baphangwe ezweni lokuthunjwa;

5ungalisibekeli icala labo, masingesulwa isono sabo phambi kwakho, ngokuba bakucunulile ngaphambi kwabakhi.

6Sase sivusa-ke ugange; lonke ugange lwahlanganiswa kwaze kwagamanxa, ngokuba abantu babenenhliziyo yokusebenza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[7]Kepha kwathi oSanibalati, noThobiya, nabase-Arabiya, nabakwa-Amoni, nabase-Ashidodi sebezwa ukuthi ukulungiswa kwezingange zaseJerusalema kuyaqhubeka, nokuthi izimfa seziqale ukuvalwa, bathukuthela kakhulu,

[8]benza ugobe ukuba baye ukulwa neJerusalema, balilimaze.

[9]Kepha sakhuleka kuNkulunkulu wethu, sabamisela abalindi imini nobusuku ngenxa yabo.

[10]UJuda wathi: Amandla abathwalayo aphelile; amabibi maningi; asisenakuluvusa ugange.

[11]Abamelene nathi bathi: Abayikwazi, abayikubona size sifike phakathi kwabo, sibabulale, sivimbe umsebenzi.

[12]Kwathi lapho abaJuda ababehlala eceleni kwabo sebefika, bathi kithi kayishumi, bevela ezindaweni zonke: Buyelani kithi.

[13]Ngase ngimisa ngenzansi ezindaweni ezisemva kogange nakwezisobala abantu ngemindeni yabo, benezinkemba zabo, nemikhonto yabo, neminsalo yabo.

[14] Lapho sengibhekile, ngasuka ngathi kwabakhulu nakubabusi nakwabanye abantu: Ningabesabi; khumbulani iNkosi enkulu neyesabekayo, nilwele abafowenu, namadodana enu, namadodakazi enu, nawomkenu, nezindlu zenu.

[15]Kwathi izitha zethu sezizwile ukuthi kwazeke kithi nokuthi uNkulunkulu wayeshafisile icebo labo, sabuyela sonke ogangeni, kwaba yilowo nalowo emsebenzini wakhe.

[16]Kusukela kulolo suku inxenye yezinceku zami yasebenza emisebenzini, nenxenye yazo yaphatha imikhonto, nezihlangu, neminsalo, namabhantshi ensimbi; ababusi babe semva kwendlu yonke yakwaJuda.

[17]Abavusayo ugange nabathwalayo imithwalo bazithwesa benza umsebenzi ngesinye isandla, nangesinye baphatha izikhali zabo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[18]nabakhi bonke babe nenkemba ibhincwe ezinkalweni zabo, bakha kanjalo. Owabetha icilongo wayengaseceleni kwami.

[19]Ngokuba ngangithe kwabakhulu nakubabusi nakwabanye abantu: Umsebenzi mkhulu, ubanzi, sahlukene ogangeni, omunye ukude nomunye.

[20] Noma kuyiphi indawo lapho nizwa khona ukubethwa kwecilongo, buthanani khona, nize kithi; uNkulunkulu wethu uyakusilwela.

[21]Sase senza nathi umsebenzi wethu, inxenye iphethe imikhonto, kusukela ekuqaleni kokusa kuze kuphume izinkanyezi.

[22]Kanjalo ngaleso sikhathi ngathi kubantu: Yilowo nalowo kahlale nenceku yakhe phakathi kweJerusalema ukuba zibe ngabalindi bethu ebusuku, zisebenze emini.

[23]Mina nabafowethu, nezinceku zami, nabalindi abangilandelayo, kwakungekho kithi owakhumula izingubo zakhe; yilowo nalowo wayenesikhali esandleni sakhe.

## UNehemiya 5

### UNehemiya usiza abampofu

[1]Kwaba khona ukukhala okukhulu kwabantu nawomkabo ngabafowabo abaJuda.

[2]Ngokuba babekhona abathi: Thina namadodana ethu namadodakazi ethu sibaningi; masithole amabele ukuba sidle, siphile.

[3]Babe khona nabathi: Sibambisile ngamasimu ethu, nangezivini zethu, nangezindlu zethu; masithole amabele ngenxa yendlala.

[4]Babe khona nabathi: Sitshelekile imali yokuthela enkosini ngamasimu ethu nangezivini zethu.

[5]Nokho inyama yethu injengenyama yabafowethu, abantwana bethu banjengabantwana babo; bheka, sithobisa amadodana ethu namadodakazi ethu, abe yizigqila; amanye amadodakazi ethu asethotshisiwe; futhi awakho

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

amandla ezandleni zethu, ngokuba amasimu ethu nezivini zethu sekungokwabanye.

6Ngathukuthela kakhulu lapho ngizwa ukukhala kwabo nalawo mazwi.

7 Inhliziyo yami isicabangile, ngathethisana nabakhulu nababusi, ngathi kubo: Nina nonke nibiza inzalo omunye komunye. Ngase ngibiza ibandla elikhulu ngabo.

8Ngathi kubo: Thina njengamandla esinawo sihlengile abafowethu abaJuda ababethengiselwe abezizwe; seniyakuthengisa ngabafowenu, bathengiselwe kithi, na? Bathula, abafumananga zwi.

9 Ngathi futhi: Akukuhle enikwenzayo; beningehambe yini ngokwesaba uNkulunkulu wethu ngenxa yokuthukwa kwethu ngabezizwe, izitha zethu, na?

10Nami nabafowethu nezinceku zethu sibatsheleke imali namabele. Ake siyeke ukubiza le nzalo.

11Ake nibuyisele namhlanje amasimu abo, nezivini zabo, neminqumo yabo, nezindlu zabo, nenxenye yekhulu yemali, neyamabele, neyewayini, neyamafutha enikubiza kubo kube yinzalo.

12Base bethi: Sizakubuyisela kubo, singabizi lutho kubo; sizakwenza njengokusho kwakho. Ngase ngibiza abapristi, ngabafungisa ukuba benze njengalelo zwi.

13Ngavuthulula ingubo yami, ngathi: UNkulunkulu makavuthulule kanjalo bonke abantu abangagcini leli zwi ezindlini zabo nasemfuyweni yabo; mabavuthululwe kanjalo, babe yize. Lonke ibandla lathi: Amen, ladumisa uJehova. Abantu base benza njengalelo zwi.

14Futhi kusukela osukwini engamiswa ngalo ukuba ngibe ngumbusi wabo ezweni lakwaJuda, kwasemnyakeni wamashumi amabili kuze kube semnyakeni wamashumi amathathu nambili ka-Aritahishashita inkosi, iminyaka eyishumi nabili, mina nabafowethu asidlanga isinkwa sombusi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[15]Kepha ababusi bokuqala ababe phambi kwami babebathwesile abantu, bathatha kubo isinkwa newayini kanye namashekeli angamashumi amane esiliva; nezinceku zachachaza phezu kwabantu; kepha mina angenzanga kanjalo ngenxa yokumesaba uNkulunkulu.

[16] Phezu kwalokho ngabambelela emsebenzini wogange, asithenganga zwe; zonke izinceku zami zabuthana khona emsebenzini.

[17]AbaJuda nababusi, abantu abayikhulu namashumi ayisihlanu, badla etafuleni lami, kanye nabafika kithi bevela kwabezizwe abasizungezayo.

[18]Okwalungiselwa usuku lwaba lunye nje kwakuyinkabi nezimvu eziyisithupha ezikhethekileyo; ngalungiselwa nezinyoni newayini elinningi lezinhlobo zonke kanye ngezinsuku eziyishumi; nokho angicelanga isinkwa sombusi, ngokuba ubugqila babusinda phezu kwalaba bantu.

[19] Ngikhumbulele, Nkulunkulu wami, ngenxa yakho konke engikwenzele laba bantu, kube kuhle kimi.

## UNehemiya 6

### Amacebo ezitha ngoNehemiya

[1] Kwathi lapho oSanibalati, noThobiya, noGeshemi wase-Arabiya, nezinye izitha sebezwile ukuthi ngivusile ugange nokuthi akusasele sikhala, noma ngaleso sikhathi ngangingakamisi izivalo emasangweni,

[2]oSanibalati noGeshemi bathumela kimi, bathi: Woza sihlangane komunye wemizana yasethafeni lase-Ono. Babehlose ukwenza okubi kimi.

[3]Ngathuma izithunywa kubo, ngathi: Ngisebenza umsebenzi omkhulu, anginakwehla; umsebenzi ubuyakumelani, ngiwuyeke, ngehlele kini, na?

[4]Bathumela kane kimi ngaleyo ndlela; ngabaphendula ngokunjalo.

[5]USanibalati wayesethuma inceku yakhe kimi kanjalo ngokwesihlanu, iphethe incwadi evulekileyo esandleni sayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Kwakulotshwe kuyo ukuthi: Kuzwakele ezizweni, naye uGashimu uthi wena
nabaJuda nihlose ukuhlubuka, okungalokho uvusa ugange, ube yinkosi yabo;
yebo, anjalo amazwi.

7Futhi ubekile abaprofethi ukuba bashumayele ngawe eJerusalema ukuthi
uyinkosi kwaJuda. Njengokuba lawo mazwi eyakuzwakala enkosini, mawuze,
silulekane.

8Ngase ngithumela kuye, ngathi: Azikho izinto ezinjengalezo ozishoyo;
ziqanjwe nguwe enhliziyweni yakho.

9Ngokuba bonke babesethusa bethi: Izandla zabo ziyakudangala emsebenzini
ukuba ungenziwa. Ngase ngikhuleka ngathi: Kepha manje, Nkosi, qinisa
izandla zami.

10Ngase ngiya endlini kaShemaya indodana kaDelaya kaMehetabeli
owayezivalele. Wathi: Masihlangane endlini kaNkulunkulu phakathi
kwethempeli, sivale iminyango yethempeli, ngokuba bayakufika ukukubulala,
yebo, ebusuku bayakufika bakubulale.

11 Ngathi: Umuntu onjengami abaleke na? Ngubani onjengami ongangena
ethempelini, aphile, na? Angingeni.

12Ngaqonda ukuthi uNkulunkulu wayengamthumile, kepha wakhuluma leso
siprofetho ngami eqashiwe ngoThobiya noSanibalati.

13Wayeqashelwe lokhu kokuba ngesabe, ngenze kanjalo, ngone, babe
nombiko omubi, bangijivaze.

14 Ngakhuleka ngathi: Khumbula, Nkulunkulu wami, oThobiya noSanibalati
ngalezo zenzo zabo, nomprofethikazi uNohadiya, nabanye abaprofethi,
ababengesabisa.

**Ukuphela kogange**

15Ugange lwaphela ngolwamashumi amabili nanhlanu lwenyanga ka-Eluli
ngezinsuku ezingamashumi ayisihlanu nambili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Kwathi lapho zonke izitha zikuzwa lokho, abezizwe bonke abasizungezayo, besaba, bayetha, ngokuba baqonda ukuthi lowo msebenzi wawenziwe nguNkulunkulu wethu.

17Phezu kwalokho abakhulu bakwaJuda bathuma ngalezo zinsuku izincwadi eziningi kuThobiya, nezikaThobiya zafika kubo.

18 Ngokuba abaningi bakwaJuda babefungile kubo, ngokuba wayengumkhwenyana kaShekaniya indodana ka-Ara; indodana uJehohanani yayithathile indodakazi kaMeshulamu indodana kaBerekiya.

19Bakhuluma ngezenzo zakhe ezinhle phambi kwami, bamukisa kuye amazwi ami. UThobiya wathuma izincwadi ukungesabisa.

## UNehemiya 7

### Ukumiswa kwabalindi

1Kwathi lapho ugange selwakhiwe, sengimisile izivalo, futhi kubekiwe abalindisango nabahlabeleli namaLevi,

2ngayaleza uHanani umfowethu noHananiya induna yendlu yenkosi ukuba baphathe iJerusalema, ngokuba wayengumuntu othembekileyo, wamesaba uNkulunkulu kunabaningi.

3Ngathi kubo: Amasango aseJerusalema mawangavulwa lize lishise ilanga; besemi, mabavale izivalo, baziqinise; bekani abalindi kwabakhileyo eJerusalema, kube yilowo nalowo emlindweni wakhe, yilowo abe malungana nendlu yakhe.

4Umuzi wawubanzi nxazombili; wawumkhulu, kepha abantu babe yingcosana phakathi kwawo, izindlu zingakakhiwa.

5 UNkulunkulu wami wabeka enhliziyweni yami ukuba ngibuthe abakhulu, nababusi, nabantu, ukuze babhalwe ngezizukulwane. Ngafumana incwadi yezizukulwane zabakhuphuka kuqala, ngafumana kulotshiwe kuyo ukuthi:

6Nampa abantwana bezwe abakhuphuka ekuthunjweni kubo ababethunjwe nguNebukadinesari inkosi yaseBabele, babuyela eJerusalema nakwaJuda, kwaba yilowo nalowo emzini wakubo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7abafika noZerubabele, noJeshuwa, noNehemiya, no-Azariya, noRahamiya, noNahamani, noMoridekayi, noBilishani, noMisipereti, noBigivayi, noNehumi, noBahana.

### Abokuqala ababuya eBabele

Umumo wamadoda abantu bakwa-Israyeli nanku:

8abantwana bakwaPharoshi: yizinkulungwane ezimbili nekhulu namashumi ayisikhombisa nambili;

9abantwana bakwaShefathiya: ngamakhulu amathathu namashumi ayisikhombisa nambili;

10abantwana bakwa-Ara: ngamakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu nambili;

11abantwana bakwaPhahati Mowabi babantwana bakwaJeshuwa noJowabe: yizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisishiyagalombili neshumi nesishiyagalombili;

12abantwana bakwa-Elamu: yinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisihlanu nane;

13abantwana bakwaZathu: ngamakhulu ayisishiyagalombili namashumi amane nanhlanu;

14abantwana bakwaZakayi: ngamakhulu ayisikhombisa namashumi ayisithupha;

15abantwana bakwaBinuwi: ngamakhulu ayisithupha namashumi amane nesishiyagalombili;

16abantwana bakwaBebayi: ngamakhulu ayisithupha namashumi amabili nesishiyagalombili;

17abantwana bakwa-Azigadi: yizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu namashumi amabili nambili;

18abantwana bakwa-Adonikamu: ngamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha nesikhombisa;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19abantwana bakwaBigivayi: yizinkulungwane ezimbili namashumi
ayisithupha nesikhombisa;

20abantwana bakwa-Adini: ngamakhulu ayisithupha namashumi ayisihlanu
nanhlanu;

21abantwana bakwa-Atheri kaHezekiya: ngamashumi ayisishiyagalolunye
nesishiyagalombili;

22abantwana bakwaHashumi: ngamakhulu amathathu namashumi amabili
nesishiyagalombili;

23abantwana bakwaBesayi: ngamakhulu amathathu namashumi amabili nane;

24abantwana bakwaHarifi: yikhulu neshumi nambili;

25abantwana bakwaGibeyoni: ngamashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu.

26Amadoda aseBetlehema naseNethofa: yikhulu namashumi
ayisishiyagalombili nesishiyagalombili;

27amadoda ase-Anathoti: yikhulu namashumi amabili nesishiyagalombili;

28amadoda aseBeti Azimaveti: ngamashumi amane nambili;

29amadoda aseKiriyati Jeharimi, naseKhefira, naseBeyeroti: ngamakhulu
ayisikhombisa namashumi amane nantathu;

30amadoda aseRama naseGeba: ngamakhulu ayisithupha namashumi amabili
nanye;

31amadoda aseMikimasi: yikhulu namashumi amabili nambili;

32amadoda aseBethele nase-Ayi: yikhulu namashumi amabili nantathu;

33amadoda elinye iNebo: ngamashumi ayisihlanu nambili;

34abantwana bakwa-Elamu omunye: yinkulungwane namakhulu amabili
namashumi ayisihlanu nane;

35abantwana bakwaHarimi: ngamakhulu amathathu namashumi amabili;

36abantwana baseJeriko: ngamakhulu amathathu namashumi amane
nanhlanu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37abantwana baseLodi, naseHadidi, nase-Ono: ngamakhulu ayisikhombisa namashumi amabili nanye;

38abantwana baseSenawa: yizinkulungwane ezintathu namakhulu ayisishiyagalolunye namashumi amathathu.

39Abapristi: abantwana bakwaJedaya, abendlu kaJeshuwa: ngamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisikhombisa nantathu;

40abantwana bakwa-Imeri: yinkulungwane namashumi ayisihlanu nambili;

41abantwana bakwaPhashuri: yinkulungwane namakhulu amabili namashumi amane nesikhombisa;

42abantwana bakwaHarimi: yinkulungwane neshumi nesikhombisa.

43AmaLevi: abantwana bakwaJeshuwa kaKadimiyeli babantwana bakwaHodeva: ngamashumi ayisikhombisa nane.

44Abahlabeleli: abantwana bakwa-Asafa: yikhulu namashumi amane nesishiyagalombili.

45Abalindisango: abantwana bakwaShalumi, nabantwana bakwa-Atheri, nabantwana bakwaThalimoni, nabantwana bakwa-Akubi, nabantwana bakwaHathita, nabantwana bakwaShobayi: yikhulu namashumi amathathu nesishiyagalombili.

46AmaNethini: ngabantwana bakwaSiha, nabantwana bakwaHasufa, nabantwana bakwaThabawoti,

47nabantwana bakwaKerosi, nabantwana bakwaSiya, nabantwana bakwaPhadoni,

48nabantwana bakwaLebana, nabantwana bakwaHagaba, nabantwana bakwaShalimayi,

49nabantwana bakwaHanani, nabantwana bakwaGideli, nabantwana bakwaGahari,

50nabantwana bakwaRewaya, nabantwana bakwaResini, nabantwana bakwaNekhoda,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

51nabantwana bakwaGazamu, nabantwana bakwa-Uza, nabantwana bakwaPhaseya,

52nabantwana bakwaBesayi, nabantwana bakwaMehuni, nabantwana bakwaNefushesimi,

53nabantwana bakwaBakibuki, nabantwana bakwaHakufa, nabantwana bakwaHarihuri,

54nabantwana bakwaBasiluthi, nabantwana bakwaMehida, nabantwana bakwaHarisha,

55nabantwana bakwaBarikhosi, nabantwana bakwaSisera, nabantwana bakwaThema,

56nabantwana bakwaNesiya, nabantwana bakwaHathifa.

57Abantwana bezinceku zikaSolomoni: ngabantwana bakwaSothayi, nabantwana bakwaSofereti, nabantwana bakwaPherida,

58nabantwana bakwaJahala, nabantwana bakwaDarikoni, nabantwana bakwaGideli,

59nabantwana bakwaShefathiya, nabantwana bakwaHathili, nabantwana bakwaPhokereti Hasebayimi, nabantwana bakwa-Amoni.

60Onke amaNethini nabantwana bezinceku zikaSolomoni babe ngamakhulu amathathu namashumi ayisihiyagalolunye nambili.

61Nampa abakhuphuka eTheliMela, naseTheli Harisha, naseKherubi, nase-Adoni, nase-Imeri, kepha bebengenakusho izindlu zawoyise nozalo lwabo ukuba babe ngabakwa-Israyeli yini:

62abantwana bakwaDelaya, nabantwana bakwaThobiya, nabantwana bakwaNekhoda: ngamakhulu ayisithupha namashumi amane nambili.

63Kubapristi: ngabantwana bakwaHobaya, nabantwana bakwaHakhosi, nabantwana bakwaBarizilayi owathatha umfazi kumadodakazi kaBarizilayi wakwaGileyadi, wabizwa ngegama lawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

64Labo bafuna ukubhalwa kwabo phakathi kwababhaliweyo ngezizukulwane, kepha akufunyanwanga; ngalokho kwathiwa bangcolile, bakhishwa ebupristini.

65Umbusi washo kubo ukuba bangadli okungcwelengcwele, kuze kuvele umpristi one-Urimi neThumimi.

66Lonke ibandla selihlangene laliyizinkulungwane ezingamashumi amane nambili namakhulu amathathu namashumi ayisithupha,

67ngaphandle kwezinceku zabo nezi ncekukazi zabo ezaziyizinkulungwane eziyisikhombisa namakhulu amathathu namashumi amathathu nesikhombisa; babe nabahlabeleli besilisa nabesifazane abangamakhulu amabili namashumi amane nanhlanu.

68Amahhashi abo ayengamakhulu ayisikhombisa namashumi amathathu nesithupha; iminyuzi yabo yayingamakhulu amabili namashumi amane nanhlanu;

69amakamela ayengamakhulu amane namashumi amathathu nanhlanu; izimbongolo zaziyizinkulungwane eziyisithupha namakhulu ayisikhombisa namashumi amabili.

70Ezinye izinhloko zanikelela umsebenzi; umbusi wanikelela isikhwama amadarike ayinkulungwane egolide, nezitsha ezingamashumi ayisihlanu, nezambatho zabapristi ezingamakhulu ayisihlanu namashumi amathathu.

71Ezinye izinhloko zawoyise zanikelela isikhwama somsebenzi amadarike ayizinkulungwane ezingamashumi amabili egolide namamane ayizinkulungwane ezimbili namakhulu amabili esiliva.

72Abakunikelayo abanye abantu kwakungamadarike ayizinkulungwane ezingamashumi amabili egolide, namamane ayizinkulungwane ezimbili esiliva, nezambatho zabapristi ezingamashumi ayisithupha nesikhombisa.

73Base behlala-ke abapristi, namaLevi, nabalindisango, nabahlabeleli, nabanye abantu, namaNethini, naye wonke u-Israyeli emizini yabo. Kwathi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

lapho inyanga yesikhombisa isifikile, abantwana bakwa-Israyeli babe semizini yabo.

## UNehemiya 8

### Abantu bafundelwa umthetho

1 Bonke abantu babuthana njengomuntu munye esigcawini esasiphambi kweSango Lamanzi; bakhuluma ku-Ezra, umbhali, ukuba alethe incwadi yomthetho kaMose, uJehova ayeyale ngawo u-Israyeli.

2 U-Ezra, umpristi, wawuletha umthetho phambi kwebandla, abesilisa nabesifazane nabo bonke ababe nengqondo yokuzwa, ngosuku lokuqala lwenyanga yesikhombisa.

3 Wafunda kuwo phambi kwesigcawu esasiphambi kweSango Lamanzi, kusukela ekuseni kuze kube semini, phambi kwabesilisa nabesifazane nababe nengqondo yokuzwa; izindlebe zabantu bonke zalalela incwadi yomthetho.

4 U-Ezra umbhali wayemi ebhesitulu lamapulangwe ababelenzele lo mgomo; eceleni kwakhe kwakumi oMatithiya, noShema, no-Anaya, no-Uriya, noHilikiya, noMahaseya ngakwesokunene sakhe, nangakwesokhohlo sakhe ngoPhedaya, noMishayeli, noMalikhiya, noHashumi, noHashibadana, noZakariya, noMeshulamu.

5 U-Ezra wayivula incwadi emehlweni abantu bonke, ngokuba wayengaphezulu kwabantu bonke, nalapho eyivula, bonke abantu basukuma.

6 U-Ezra wambonga uJehova uNkulunkulu omkhulu. Bonke abantu baphendula bathi: Amen, Amen, bephakamisa izandla zabo; bakhothama, bakhuleka kuJehova, ubuso babo bubheke phansi.

7 NoJeshuwa, noBani, noSherebiya, noJamini, no-Akubi, noShabethayi, noHodiya, noMahaseya, noKelitha, no-Azariya, noJozabadi, noHanani, noPhelaya, namaLevi bafundisa abantu umthetho, abantu besezindaweni zabo.

8 Bafunda encwadini, emthethweni kaNkulunkulu, bephumisela kahle; bachaza, babaqondisa okufundwayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 UNehemiya owayengumbusi, no-Ezra umpristi nombhali, namaLevi ayebafundisa abantu, bathi kubantu bonke: Lolu suku lungcwele kuJehova uNkulunkulu wenu; ningalili, ningakhali. Ngokuba bonke abantu bakhala, lapho bezwa amazwi omthetho.

10 Wayesethi kubo: Hambani nidle okunonileyo, niphuze okumnandi, nithumele izabelo kwabangalungiselwanga lutho, ngokuba lolu suku lungcwele kuJehova; ningadabuki, ngokuba injabulo kaJehova iyinqaba yenu.

11 AmaLevi ayesethulisa abantu bonke, ethi: Thulani, ngokuba lolu suku lungcwele; ningadabuki.

12 Abantu bonke bahamba ukuba badle, baphuze, bathumele izabelo, bajabule kakhulu, ngokuba babeqondile amazwi ababewazisiwe.

**Umkhosi wamadokodo**

13 Ngosuku lwesibili kwabuthana izinhloko zawoyise babantu bonke, nabapristi, namaLevi ku-Ezra umbhali ukuba baqaphele amazwi omthetho.

14 Bafumanisa kulotshiwe emthethweni ukuthi uJehova wayeyalile ngesandla sikaMose ukuba abantwana bakwa-Israyeli bahlale emadokodweni ngomkhosi wenyanga yesikhombisa,

15 bezwakalise, bathumele izwi emizini yabo yonke naseJerusalema lokuthi: Phumani, niye entabeni, nilande amagatsha omnqumo, namagatsha omnqumo wasendle, namagatsha ombomvana, namagatsha esundu, namagatsha emithi edumbileyo, nenze amadokodo njengokulotshiweyo.

16 Base bephuma abantu, balanda lokho, bazenzela amadokodo, kwaba yilowo nalowo ophahleni lwendlu, nasemagcekeni abo, nasemagcekeni endlu kaNkulunkulu, nasesigcawini seSango Lamanzi, nasesigcawini seSango lakwa-Efrayimi.

17 Ibandla lonke lababuyileyo ekuthunjweni lenza amadokodo, lahlala emadokodweni, ngokuba kusukela ezinsukwini zikaJeshuwa, indodana

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kaNuni, kuze kube yilolo suku abantwana bakwa-Israyeli babengenzanga kanjalo. Kwakukhona ukuthokoza okukhulu kakhulu.

18Wafunda encwadini yomthetho kaNkulunkulu imihla ngemihla kusukela osukwini lokuqala kuze kube lusuku lokugcina. Bagubha umkhosi izinsuku eziyisikhombisa; ngosuku lwesishiyagalombili kwakungumhlangano ozothileyo njengomthetho.

## UNehemiya 9

### Usuku lokuzila nolokuzisola nolokukhuleka

1Ngosuku lwamashumi amabili nane lwaleyo nyanga abantwana bakwa-Israyeli babuthana, bazila ukudla benezindwangu zamasaka nothuli phezu kwabo.

2Inzalo ka-Israyeli yayizahlukanisa nabezizwe bonke, yayimi ivuma izono zayo nokona kwawoyise.

3 Basukuma endaweni yabo, bafunda encwadini yomthetho kaJehova uNkulunkulu wabo inxenye yesine yosuku; inxenye yesine bavuma izono zabo, bakhuleka kuJehova uNkulunkulu wabo.

4Kwase kukhwela ezikhwelweni zamaLevi oJeshuwa, noBani, noKadimiyeli, noShebaniya, noBuni, noSherebiya, noBani, noKhenani, bamemeza ngezwi elikhulu kuJehova uNkulunkulu wabo.

5AmaLevi oJeshuwa, noKadimiyeli, noBani, noHashabineya, noSherebiya, noHodiya, noShebaniya, noPhethahiya athi: Sukumani nimbonge uJehova uNkulunkulu wenu kusukela phakade kuze kube phakade. Malibongwe igama lakho elikhazimulayo, eliphakanyisiwe ngaphezu kwakho konke ukubonga nokudumisa.

6 Wena unguJehova, wena wedwa. Wenzile izulu, izulu lamazulu nalo lonke ibandla lawo, umhlaba nakho konke okukuwo, izilwandle nakho konke okukuzo, ulonda konke, nebandla lasezulwini likhuleka kuwe.

7 Wena unguJehova uNkulunkulu owakhetha u-Abrama, wamkhipha e-Uri lamaKaledi, wametha igama lokuthi u-Abrahama;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 wafumana inhliziyo yakhe ithembekile phambi kwakho, wenza
isivumelwano naye ukunika inzalo yakhe izwe lamaKhanani, nelamaHeti,
nelama-Amori, nelamaPherizi, nelamaJebusi, nelamaGirigashi, wawafeza
amazwi akho, ngokuba ulungile.

9 Wabona ukuhlupheka kwawobaba eGibithe, wezwa ukukhala kwabo
ngaseLwandle Olubomvu;

10 wenza izibonakaliso nezimangaliso kuFaro nasezincekwini zakhe zonke,
nakubo bonke abantu bezwe lakhe, ngokuba wazi ukuthi babebaqholoshela,
wazenzela igama, njengalokhu kunjalo nanamuhla.

11 Wahlukanisa ulwandle phambi kwabo, badabula phakathi kolwandle
emhlabathini owomileyo; nababaxoshayo wabaphonsa otweni njengetshe
emanzini anamandla.

12 Wabahola ngensika yefu emini nangensika yomlilo ebusuku
ukubakhanyisela endleleni ababeyakuhamba ngayo.

13 Wehlela entabeni yaseSinayi, wakhuluma nabo usezulwini, wabanika
izahlulelo ezilungileyo, nemithetho eqinisileyo, nezimiso, nemiyalo emihle;

14 wabazisa isabatha lakho elingcwele, wabayala ngemiyalo, nangezimiso,
nangomthetho ngesandla sikaMose inceku yakho;

15 wabanika isinkwa esivela ezulwini ngokulamba kwabo, wabakhiphela
amanzi edwaleni ngokoma kwabo, wabayala ukuba bangene ukulidla izwe
owaphakamisa ngalo isandla sakho ukuba ubanike lona.

16 Kepha bona nawoyise baqholosha, benza lukhuni izintamo zabo,
kabalalelanga imiyalo yakho,

17 benqaba ukulalela, abakhumbulanga izimangaliso zakho owazenza
phakathi kwabo, kepha benza lukhuni izintamo zabo, nangokuhlubuka
kwabo bamisa induna ukuba babuyele ebugqileni babo; kodwa wena
unguNkulunkulu othethelelayo, onomusa nesihe; wephuza ukuthukuthela,
ugcwele isihawu; kawubashiyanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[18]Yebo, lapho bezenzele ithole elibunjiweyo bethi: Leli linguNkulunkulu wakho owakukhuphula eGibithe, benza izithuko ezinkulu,

[19] nokho wena ngomusa wakho omkhulu awubashiyanga ehlane; insika yefu ayisukanga phezu kwabo emini ukubahola endleleni, nensika yomlilo ebusuku ukubakhanyisela endleleni ababeyakuhamba ngayo.

[20]Wabanika nomoya wakho omuhle ukubafundisa; awugodlanga imana lakho emilonyeni yabo, wabanika amanzi ngokoma kwabo.

[21]Wabondla iminyaka engamashumi amane ehlane, kabaswelanga lutho; izingubo zabo aziguganga, nezinyawo azivuvukalanga.

[22] Wabanika imibuso nezizwe owababela khona izindawo ngezindawo; badla izwe likaSihoni, izwe lenkosi yaseHeshiboni, nezwe lika-Ogi inkosi yaseBashani.

[23] Nabantwana babo wabandisa ngangezinkanyezi zezulu, wabangenisa ezweni owasho ngalo koyise ukuthi bayakungena ukulidla.

[24] Abantwana bangena-ke, balidla izwe, wahlula phambi kwabo abakhe ezweni, amaKhanani, wabanikela ezandleni zabo, kanye namakhosi abo, nabantu bezwe, ukuba benze kubo njengokuthanda kwabo.

[25] Bathatha imizi ebiyelweyo nezwe elivundileyo, badla izindlu ezigcwele okuhle konke: imithombo embiweyo, nezivini, neminqumo, nemithi eminingi yokudliwa; badla-ke, basutha, bakhuluphala, benama ngobuhle bakho obukhulu.

[26] Kepha babengalaleli, bakuhlubuka, balahla nyovane umthetho wakho, bababulala abaprofethi bakho abafakaza ngabo ukubabuyisela kuwe, benza izithuko ezinkulu.

[27] Wawusubanikela esandleni sezitha zabo ezabahlupha; ngesikhathi sokuhlupheka kwabo sebekhala kuwe, wena wabezwa usezulwini, nangomusa wakho omkhulu wabanika abasindisi ababasindisa esandleni sezitha zabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28 Kepha sebephumulile, babuye benza okubi ebusweni bakho;
wawusubashiya esandleni sezitha zabo, zaze zabusa phezu kwabo; kodwa
lapho bebuye bekhala kuwe, wena wabezwa usezulwini, wabophula kaningi
ngomusa wakho omkhulu,

29 wabaxwayisa ukuba ubabuyisele emthethweni wakho, kepha baqholosha,
kabayilalelanga imiyalo yakho, kodwa bona ezahlulelweni zakho, okothi uma
umuntu ezenza, uyakuphila ngazo, baphendula ihlombe ngenkani, benza
lukhuni intamo yabo, abaze bezwa.

30 Nokho iminyaka eminingi wababekezelela, wabaxwayisa ngoMoya wakho
ngesandla sabaprofethi bakho, kepha abezwanga; wawusubanikela esandleni
sabantu bezizwe.

31 Nokho ngomusa wakho omkhulu awubaqothulanga, awubashiyanga,
ngokuba unguNkulunkulu onomusa nobumnene.

32 Ngalokho, Nkulunkulu wethu, Nkulunkulu omkhulu onamandla
owesabekayo, ogcina isivumelwano nomusa, yonke le nkathazo mayingabi
ncane ebusweni bakho esificile thina, namakhosi ethu, nezikhulu zethu,
nabapristi bethu, nabaprofethi bethu, nawobaba, nabo bonke abantu bakho,
kusukela esikhathini samakhosi ase-Asiriya kuze kube namuhla.

33 Nokho wena ulungile kukho konke okusehleleyo, ngokuba wenze
ngeqiniso, kepha thina sinecala;

34 namakhosi ethu, nezikhulu zethu, nabapristi bethu, nawobaba abagcinanga
umthetho wakho, kabalalelanga imiyalo yakho nezixwayiso zakho
obaxwayise ngazo.

35Abakukhonzanga embusweni wabo, nasebuhleni bakho obukhulu
owabanika bona, nasezweni elibanzi nelivundileyo owabapha lona ebusweni
babo, ababuyanga emisebenzini yabo emibi.

36 Bheka, siyizinceku namuhla, nezwe owalinika obaba ukuba badle izithelo
zalo nokuhle kwalo, bheka, siyizinceku kulo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37Lithelela kakhulu amakhosi owabeke phezu kwethu ngenxa yezono zethu; abusa phezu kwemizimba yethu naphezu kwezinkomo zethu njengokuthanda kwawo; thina sisekuhluphekeni okukhulu.

### Abantu benza isivumelwano noNkulunkulu

38 Ngenxa yakho konke lokho senza isivumelwano esiqinisileyo, sasiloba; kwanamatheliswa ngophawu yizikhulu zethu, namaLevi ethu, nabapristi bethu.

## UNehemiya 10

1Abanamathelisa nampa: uNehemiya umbusi, indodana kaHakaliya, noSedekiya,

2noSeraya, no-Azariya, noJeremiya,

3noPhashuri, no-Amariya, noMalikhiya,

4noHathushi, noShebaniya, noMaluki,

5noHarimi, noMeremoti, no-Obadiya,

6noDaniyeli, noGinethoni, noBaruki,

7noMeshulamu, no-Abiya, noMijamini,

8noMahaziya, noBiligayi, noShemaya; labo babe ngabapristi.

9AmaLevi: uJeshuwa indodana ka-Azaniya, noBinuwi wamadodana kaHenadadi, noKadimiyeli,

10nabafowabo oShebaniya, noHodiya, noKelitha, noPhelaya, noHanani,

11noMika, noRehobe, noHashabiya,

12noZakuri, noSherebiya, noShebaniya,

13noHodiya, noBani, noBeninu.

14 Izinhloko zabantu: oPharoshi, noPhahati Mowabi, no-Elamu, noZathu, noBani,

15noBuni, no-Azigadi, noBebayi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

16no-Adoniya, noBigivayi, no-Adini,

17no-Atheri, noHezekiya, no-Azuri,

18noHodiya, noHashumi, noBesayi,

19noHarifi, no-Anathoti, noNobayi,

20noMagiphiyashi, noMeshulamu, noHeziri,

21noMeshezabeli, noSadoki, noJaduwa,

22noPhelathiya, noHanani, no-Anaya,

23noHosheya, noHananiya, noHashubi,

24noHaloheshi, noPhiliha, noShobeki,

25noRehumi, noHashabina, noMahaseya,

26no-Ahiya, noHanani, no-Anani,

27noMaluki, noHarimi, noBahana.

28Abantu abaseleyo, abapristi, namaLevi, nabalindisango, nabahlabeleli, namaNethini, nabo bonke ababezahlukanisile nabantu bezwe ukuba bazihlanganise nomthetho kaNkulunkulu, nawomkabo, namadodana abo, namadodakazi abo, bonke ababe nolwazi nokuhlakanipha,

29babambelela kubafowabo, abakhulu babo, benza isithembiso nesifungo sokuba bahambe emthethweni kaNkulunkulu owanikwa ngesandla sikaMose inceku kaNkulunkulu, bagcine, benze yonke imiyalo kaJehova iNkosi yethu, nezahlulelo zakhe, nezimiso zakhe

30 ukuba singabaniki abantu bezwe amadodakazi ethu, singathatheli amadodana ethu amadodakazi abo,

31nokuba lapho abantu bezwe beletha impahla, noma uhlobo oluthile lwamabele ngosuku lwesabatha ukuba bathengise ngakho, singathengi kubo ngesabatha nangosuku olungcwele, futhi siwuyeke umnyaka wesikhombisa nazo zonke izikwenetu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32Futhi sazimisela umthetho wokuba sithele inxenye yesithathu yeshekeli
ngomnyaka, ibe ngeyomsebenzi wendlu kaNkulunkulu wethu,

33 eyesinkwa sokubukwa kanye nomnikelo wempuphu wemihla yonke
nomnikelo oshiswa imihla yonke, neyamasabatha, neyokwethwasa
kwenyanga, neyemikhosi emisiweyo, neyezinto ezingcwele, neyeminikelo
yezono, ukuba kwenziwe ukubuyisana kuka-Israyeli nomsebenzi wonke
wendlu kaNkulunkulu wethu.

34 Senza inkatho thina bapristi namaLevi nabantu ngomnikelo wezinkuni
ukuba zingeniswe endlini kaNkulunkulu wethu njengezindlu zawobaba
ngezikhathi ezinqunyiweyo, iminyaka ngeminyaka, zibaswe phezu kwe-altare
likaJehova uNkulunkulu wethu njengokulotshiweyo emthethweni,

35 kulethwe endlini kaJehova ulibo lomhlabathi wethu nolibo lwezithelo
zemithi yezinhlobo zonke iminyaka ngeminyaka,

36kulethwe endlini kaNkulunkulu wethu namazibulo amadodana ethu,
nawezimpahla zethu njengokulotshiweyo emthethweni, namazibulo
ezinkomo zethu nawezimvu zethu, kubapristi abakhonza endlini
kaNkulunkulu wethu;

37 silethe ulibo lomgqakazo wethu, neminikelo yethu yokuphakanyiswa,
nezithelo zemithi yezinhlobo zonke, newayini namafutha kubapristi
emakamelweni endlu kaNkulunkulu wethu, nokweshumi komhlabathi wethu
kumaLevi, ngokuba wona amaLevi amukela okweshumi emizini yonke
esilima kuyo.

38 Umpristi, indodana ka-Aroni, ubeyakuba namaLevi, lapho amaLevi
amukela okweshumi; amaLevi ayakukhuphulela okweshumi kokweshumi
endlini kaNkulunkulu wethu emakamelweni endlini yengcebo.

39 Ngokuba abantwana bakwa-Israyeli nabantwana bakwaLevi
babeyakukhuphulela umnikelo wamabele, newayini, namafutha
emakamelweni, lapho kukhona izitsha zendlu engcwele, nabapristi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

abakhonzayo, nabalindisango, nabahlabeleli; besingenakuyishiya indlu kaNkulunkulu wethu.

## UNehemiya 11

### Abantu bahlukaniselwa eJerusalema nakwezinye izindawo

1 Izinduna zabantu zahlala eJerusalema; abantu abaseleyo benza inkatho ukuyisa omunye kwabayishumi njalo ukuba ahlale eJerusalema, umuzi ongcwele, nabayisishiyagalolunye kweminye imizi.

2Abantu babusisa bonke abantu ababezinikela ngenhliziyo ukuhlala eJerusalema.

3Nazi izinhloko zezwe ezazihlala eJerusalema; kepha emizini yakwaJuda bahlala emizini yabo, kwaba yilowo nalowo efeni lakhe: abakwa-Israyeli, nabapristi, namaLevi, namaNethini, nabantwana bezinceku zikaSolomoni.

4 EJerusalema kwahlala abantwana abathile bakwaJuda nabakwaBenjamini. Kubantwana bakwaJuda: ngu-Athaya ka-Uziya, kaZakariya, ka-Amariya, kaShefathiya, kaMahalalele wabantwana bakwaPheresi,

5noMahaseya kaBaruki, kaKholi Hoze, kaHazaya, ka-Adaya, kaJoyaribi, kaZakariya, indodana yomShiloni.

6Onke amadodana kaPheresi ahlala eJerusalema ayengamadoda anamandla angamakhulu amane namashumi ayisithupha nesishiyagalombili.

7Nampa abantwana bakwaBenjamini: uSalu kaMeshulamu, kaJohedi, kaPhedaya, kaKholaya, kaMahaseya, ka-Ithiyeli, kaJeshaya.

8Emva kwakhe ngoGabayi noSalayi, bengamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi amabili nesishiyagalombili.

9UJoweli, indodana kaZikiri, wayengumbonisi; uJuda, indodana kaHasenuwa, wayengowesibili emzini.

10 Kubapristi: nguJedaya, indodana kaJoyaribi, noJakini,

11noSeraya kaHilikiya, kaMeshulamu, kaSadoki, kaMerayoti, ka-Ahithubi, umphathi wendlu kaNkulunkulu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12nabafowabo ababewenza umsebenzi abangamakhulu ayisishiyagalombili namashumi amabili nambili, no-Adaya kaJerohamu, kaPhelaliya, ka-Amisi, kaZakariya, kaPhashuri, kaMalikhiya;

13nabafowabo, izinhloko zawoyise, bengamakhulu amabili namashumi amane nambili, no-Amashisayi ka-Azareli, ka-Ahizayi, kaMeshilemoti, ka-Imeri;

14nabafowabo, amaqhawe anamandla, beyikhulu namashumi amabili nesishiyagalombili; umbonisi wabo wayenguZabidiyeli, indodana kaHagedolimi.

15 KumaLevi: nguShemaya kaHashubi, ka-Azirikamu, kaHashabiya, kaBuni,

16noShabethayi noJozabadi bezinhloko zamaLevi ababephethe umsebenzi wangaphandle wendlu kaNkulunkulu,

17noMathaniya, kaMika, kaZabidi, ka-Asafa, induna yomkhuleko wokubonga, noBakibukiya, owesibili phakathi kwabafowabo, no-Abida kaShamuwa kaGalali kaJeduthuni.

18Onke amaLevi emzini ongcwele ayengamakhulu amabili namashumi ayisishiyagalombili nane.

19Abalindisango o-Akubi noThalimoni nabafowabo ababelinda ngasemasangweni babe yikhulu namashumi ayisikhombisa nambili.

20Abakwa-Israyeli abaseleyo, abapristi namaLevi, babe semizini yonke yakwaJuda, kwaba yilowo nalowo efeni lakhe.

21AmaNethini ahlala e-Ofeli; oSiha noGishipha babe phezu kwamaNethini.

22Umbonisi wamaLevi eJerusalema kwakungu-Uzi kaBani, kaHashabiya, kaMathaniya, kaMika wamadodana ka-Asafa, abahlabeleli, engumphathi womsebenzi wendlu kaNkulunkulu.

23Ngokuba kwakukhona umyalo wenkosi ngabo, nomthetho wabahlabeleli njengokufunekayo imihla ngemihla.

24UPhethahiya, indodana kaMeshezabeli, wabantwana bakwaZera, indodana kaJuda, wayengasesandleni senkosi ezindabeni zonke zabantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Emizaneni inamasimu ayo kwahlala abanye abantwana bakwaJuda:
eKiriyati Araba nasemizaneni yalo, naseDiboni nasemizaneni yalo,
naseJekabiseyeli nasemizaneni yalo,

26naseJeshuwa, naseMolada, naseBeti Pheleti,

27naseHasari Shuwali, naseBeri Sheba nasemizaneni yalo,

28naseSikilagi, naseMekhona nasemizaneni yalo,

29nase-Eni Rimoni, naseSora, naseJarimuthi,

30naseZanowa, nase-Adulamu nasemizaneni yawo, naseLakishi inamasimu
alo, nase-Azeka nasemizaneni yalo. Bamisa kusukela eBeri Sheba ukuze kube
sesigodini sikaHinomu.

31Abantwana bakwaBenjamini bahlala kusukela eGeba kuze kube seMikimasi,
nase-Aja, naseBethele nasemizaneni yalo,

32nase-Anathoti, naseNobi, nase-Ananiya,

33naseHasori, naseRama, naseGitayimi,

34naseHadidi, naseSeboyimi, naseNebalati,

35 naseLodi, nase-Ono, isiGodi Sababazi.

36KumaLevi izigaba zakwaJuda zahlanganiswa noBenjamini.

## UNehemiya 12

### Abapristi namaLevi abafika noZerubabele

1 Nampa abapristi namaLevi abakhuphuka noZerubabele indodana
kaSheyalitiyeli noJeshuwa: oSeraya, noJeremiya, no-Ezra,

2no-Amariya, noMaluki, noHathushi,

3noShekaniya, noRehumi, noMeremoti,

4no-Ido, noGinethoyi, no-Abiya,

5noMijamini, noMahadiya, noBiliga,

6noShemaya, noJoyaribi, noJedaya,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7noSalu, no-Amoki, noHilikiya, noJedaya. Labo babe yizinhloko zabapristi nezabafowabo emihleni kaJeshuwa.

8 AmaLevi: ngoJeshuwa, noBinuwi, noKadimiyeli, noSherebiya, noJuda, noMathaniya owayephethe ukubonga, yena nabafowabo,

9noBakibukiya no-Uno abafowabo, bemalungana nabo ngezigaba.

10UJeshuwa wazala uJoyakimi; uJoyakimi wazala u-Eliyashibi; u-Eliyashibi wazala uJoyada;

11uJoyada wazala uJonathani; uJonathani wazala uJaduwa.

12Emihleni kaJoyakimi izinhloko zawoyise babapristi zaziyilezi: ekaSeraya: nguMeraya; ekaJeremiya: nguHananiya;

13eka-Ezra: nguMeshulamu; eka-Amariya: nguJehohanani;

14ekaMaluki: nguJonathani; ekaShebaniya: nguJosefa;

15ekaHarimi: ngu-Adina; ekaMerayoti: nguHelekayi;

16 eka-Ido: nguZakariya; ekaGinethoni: nguMeshulamu;

17eka-Abiya: nguZikiri; ekaMiniyamini, ekaMohadiya: nguPhilitayi;

18ekaBiliga: nguShamuwa; ekaShemaya: nguJehonathani;

19ekaJoyaribi: nguMathenayi; ekaJedaya: ngu-Uzi;

20ekaSalayi: nguKhalayi; eka-Amoki: ngu-Ebere;

21ekaHilikiya: nguHashabiya; ekaJedaya: nguNethaneli.

22AmaLevi abhalwa emihleni ka-Eliyashibi, noJoyada, noJohanani, noJaduwa njengezinhloko zawoyise kanye nabapristi ekubuseni kukaDariyu umPheresiya.

23Izinhloko zawoyise babantwana bakwaLevi zalotshwa encwadini yezindaba zemihla ngemihla, kwaze kwaba semihleni kaJohanani indodana ka-Eliyashibi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Izinhloko zamaLevi nazi: oHashabiya, noSherebiya, noJeshuwa, indodana kaKadimiyeli, kanye nabafowabo malungana nabo, ukuba badumise, babonge njengemiyalo kaDavide, umuntu kaNkulunkulu, isigaba malungana nesigaba.

25OMathaniya, noBakibukiya, no-Obadiya, noMeshulamu, noThalimoni, no-Akubi babe ngabalindisango, belinda izindlu zokubekelela ngasemasangweni.

26Labo babe khona emihleni kaJoyakimi indodana kaJeshuwa kaJosadaki nasemihleni kaNehemiya umbusi no-Ezra, umbhali.

27Ekuhlanjululweni kogange lwaseJerusalema bafuna amaLevi ezindaweni zawo zonke ukuba ayiswe eJerusalema ukwenza ukuhlambulula ngokuthokoza, nangokubonga, nangokuhlabelela ngamasimbali nangezingubhu nangamahabhu.

28Abantwana babahlabeleli babuthana bevela ethafeni elalizungeza iJerusalema nasemizaneni yamaLevi,

29naseBeti Giligali, nasemasimini aseGeba, nase-Azimaveti, ngokuba babezakhele imizana nxazonke zeJerusalema.

30Abapristi namaLevi base bezihlambulula; bahlambulula nabantu, namasango, nogange.

31Ngase ngikhuphulela ogangeni izikhulu zakwaJuda, ngabeka izigaba ezimbili ezinkulu ezabongayo, zahlaba ihele; esinye sahamba ngakwesokunene ogangeni, saya ngaseSangweni Lomquba;

32emva kwaso kwahamba uHoshaya nenxenye yezikhulu zakwaJuda,

33no-Azariya, no-Ezra, noMeshulamu,

34noJuda, noBenjamini, noShemaya, noJeremiya,

35kanye namadodana athile abapristi ephethe amacilongo: uZakariya kaJonathani, kaShemaya, kaMathaniya, kaMikhaya, kaZakuri, ka-Asafa,

36nabafowabo oShemaya, no-Azareli, noMilalayi, noGilalayi, noMahayi, noNethaneli, noJuda, noHanani, bephethe izinto zokubethwa zikaDavide, umuntu kaNkulunkulu; u-Ezra, umbhali, wayengaphambi kwabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37NgaseSangweni Lomthombo malungana nabo bakhuphuka ngezikhwelo zomuzi kaDavide ezikhwelweni zogange, ngasenhla kwendlu kaDavide, kwaze kwaba seSangweni Lamanzi.

38Esinye isigaba saya ngakwesokhohlo, mina ngasilandela kanye nenxenye yabantu ogangeni, ngasenhla koMbhoshongo Wezithando, kwaze kwaba soGangeni Olubanzi,

39nangenhla kweSango lakwa-Efrayimi, naseSangweni Elidala, naseSangweni Lezinhlanzi, naseMbhoshongweni KaHananeli naseMbhoshongweni KaHameya, kwaze kwaba seSangweni Lezimvu; bema eSangweni Letilongo.

40Zase zima lezo zigaba zombili zababongayo endlini kaNkulunkulu kanye nami, nenxenye yababusi inami,

41nabapristi o-Eliyakimi, noMahaseya, noMiniyamini, noMikhaya, no-Eliyohenayi, noZakariya, noHananiya, bephethe amacilongo,

42noMahaseya, noShemaya, no-Eleyazare, no-Uzi, noJehohanani, noMalikhiya, no-Elamu, no-Ezeri. Abahlabeleli bahlabelela ngokuzwakalisayo, benoJizirahiya umbonisi wabo.

43Banikela ngemihlatshelo emikhulu ngalolo suku, bathokoza, ngokuba uNkulunkulu wayebathokozisile ngentokozo enkulu; nabesifazane nabantwana bathokoza, kwezwakala kude ukuthokoza kweJerusalema.

### Ukubuyiselwa kokweshumi

44 Ngalolo suku amiswa amadoda ukuba abe ngababphathi bamakamelo engcebo, nabeminikelo yokuphakanyiswa, nabolibo, nabokweshumi ukuba baqoqele kuwo njengamasimu emizi izabelo ezinqunyelwe abapristi namaLevi ngomthetho, ngokuba uJuda wathokoza ngabapristi namaLevi asebebekiwe.

45Bagcina imfanelo kaNkulunkulu wabo nemfanelo yokuhlambulula kanye nabahlabeleli nabalindisango njengemiyalo kaDavide noSolomoni indodana yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

46Ngokuba nasemihleni kaDavide neka-Asafa kwasendulo kwakukhona abaholi babahlabeleli kanye nezihlabelelo zokudumisa nezokubonga uNkulunkulu.

47 Wonke u-Israyeli wayesenika emihleni kaZerubabele nasemihleni kaNehemiya abahlabeleli nabalindisango izabelo njengokufunekayo imihla ngemihla; bakungcwelisela amaLevi, namaLevi akungcwelisela amadodana ka-Aroni.

## UNehemiya 13

### Eminye imisebenzi kaNehemiya

1 Ngalolo suku kwafundwa encwadini kaMose ezindlebeni zabantu; kwafunyanwa kulotshiwe kuyo ukuthi owakwa-Amoni nowakwaMowabi abanakungena ebandleni likaNkulunkulu kuze kube phakade,

2ngokuba abahlangabezanga abakwa-Israyeli ngesinkwa namanzi, kepha babaqashela uBileyamu ukuba abaqalekise; kodwa uNkulunkulu wethu waphendula isiqalekiso saba yisibusiso.

3Kwathi sebezwile umthetho, bahlukanisa no-Israyeli yonke ingxubevange.

4 Ngaphambi kwalokho u-Eliyashibi, umpristi, owayemiselwe amakamelo endlu kaNkulunkulu wethu, isihlobo sikaThobiya,

5wayemlungisele ikamelo elikhulu, lapho kade bebeka khona iminikelo yempuphu, nenhlaka, nezitsha, nokweshumi kwamabele, newayini, namafutha, okwakunqunyelwe ngomthetho amaLevi, nabahlabeleli, nabalindisango, kanye neminikelo yabapristi.

6Kepha kukho konke lokho ngangingekho eJerusalema, ngokuba ngomnyaka wamashumi amathathu nambili ka-Aritahishashita inkosi yaseBabele ngaya enkosini; nangasekugcineni kwezinsuku ngacela enkosini,

7ngaya eJerusalema, ngaqonda okubi u-Eliyashibi akwenzele uThobiya ngokumlungisela ikamelo emagcekeni endlu kaNkulunkulu.

8Kwaba kubi kakhulu kimi; ngalahla phandle zonke izinto zendlu kaThobiya zikhishwe ekamelweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

9 Ngase ngithi mabahlambulule amakamelo; ngabuyisela khona izitsha zendlu kaNkulunkulu kanye neminikelo yempuphu nenhlaka.

10 Ngase ngazi ukuthi amaLevi awanikwanga izabelo zawo; amaLevi nabahlabeleli abenza umsebenzi babebalekele, kwaba yilowo nalowo ensimini yakhe.

11 Ngase ngiphikisana nababusi, ngathi: Ishiyelweni indlu kaNkulunkulu na? Ngababutha, ngababeka ezindaweni zabo.

12 Wonke uJuda wayeseletha okweshumi kwamabele, nokwewayini, nokwamafutha engcebeni.

13 Ngabeka abaphathizikhwama phezu kwengcebo: nguShelemiya umpristi, noSadoki umbhali, noPhedaya wamaLevi; eceleni kwabo kwakunguHanani kaZakuri kaMathaniya, ngokuba kwathiwa bathembekile; babeyakwabela abafowabo.

14 Ngalokho ngikhumbule, Nkulunkulu wami, ungesuli izenzo zami zomusa engizenzileyo endlini kaNkulunkulu wami nasenkonzweni yayo.

15 Ngalezo zinsuku ngabona kwaJuda abanyathela izikhamo zewayini ngesabatha nabaletha izithungu zamabele, bethwesa izimbongolo, newayini, nezithelo zewayini, namakhiwane, nemithwalo yonke, bekungenisa eJerusalema ngosuku lwesabatha; ngabaxwayisa ngosuku abathengisa ngalo lokho kudla.

16 AbaseTire ababehlala khona bangenisa izinhlanzi nezimpahla zezinhlobo zonke, bathengisa ngakho ngesabatha kubantwana bakwaJuda naseJerusalema.

17 Ngase ngiphikisana nabakhulu bakwaJuda, ngathi kubo: Okubi kuni lokhu enikwenzayo, nilona usuku lwesabatha na?

18 Abenzanga kanjalo oyihlo, noNkulunkulu wenu akehliselanga yini phezu kwenu konke lokho okubi, naphezu kwalo muzi, na? Nokho nina niyenezela intukuthelo phezu kuka-Israyeli ngokulona isabatha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Kwathi lapho amasango aseJerusalema eseqala ukuba mnyama lingakafiki isabatha, ngathi mazivalwe izivalo, ngathi futhi mazingavulwa lize lidlule isabatha, ngabeka ezinye izinceku zami ngasemasangweni ukuba kungangeniswa mthwalo ngosuku lwesabatha.

20Abathengi nabathengisi bezimpahla zezinhlobo zonke base belala ngaphandle kweJerusalema kanye nakabili.

21Ngabaxwayisa, ngathi kubo: Nilalelani malungana noganga na? Uma niphinda, ngiyakubeka isandla sami kini. Kusukela kuleso sikhathi abafikanga ngesabatha.

22Ngasho kumaLevi ukuba azihlambulule, eze, alinde amasango, angcwelise usuku lwesabatha. Ngalokho ngikhumbule, Nkulunkulu wami, ungihawukele ngokobuningi bomusa wakho.

23Futhi ngalezo zinsuku ngabona abaJuda ababezithathele abesifazane base-Ashidodi, nabakwa-Amoni, nabakwaMowabi.

24Abantwana babo bakhuluma ngokwenxenye ngesi-Ashidodi; bengenakukhuluma isiJuda bakhuluma ngolimi lwezizwe ngezizwe.

25 Ngabasola ngalokho, ngabathuka, ngashaya abanye abantu, ngabahluthula izinwele, ngabafungisa uNkulunkulu, ngathi: Ninganiki amadodana abo amadodakazi enu, ningathatheli amadodana enu amadodakazi abo.

26Akonanga ngalokho uSolomoni inkosi yakwa-Israyeli na? Phakathi kwezizwe eziningi kwakungekho nkosi enjengaye; wayethandekile kuNkulunkulu wakhe; uNkulunkulu wambeka inkosi phezu kuka-Israyeli wonke; nokho abesifazane babezizwe bamonisa naye.

27Sekuzwakele nangani ukuthi nenzile konke lokho okubi kakhulu ukuba niphambuke kuNkulunkulu wethu ngokuzithathela abesifazane babezizwe.

28 Enye yamadodana kaJoyada indodana ka-Eliyashibi umpristi omkhulu yayingumkhwenyana kaSanibalati umHoroni; ngamxosha kimi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

29 Bakhumbule, Nkulunkulu wami, ngokuba bangcolisile ubupristi
nesivumelwano sabapristi nesamaLevi.

30 Ngase ngibahlambulula kukho konke okwabezizwe, nganquma izimfanelo
zabapristi namaLevi, kwaba yilowo nalowo emsebenzini wakhe,

31 nomnikelo wezinkuni ngezikhathi ezinqunyiweyo, nolibo. Ngikhumbule,
Nkulunkulu wami, kube kuhle kimi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

# U-Esteri

## U-Esteri 1

### Idili lika-Ahashiveroshi

1Kwathi emihleni ka-Ahashiveroshi yena ungu-Ahashiveroshi lowo owabusa kusukela e-Indiya kuze kube seKushe phezu kwezifunda eziyikhulu namashumi amabili nesikhombisa

2yebo, ngaleyo mihla lapho inkosi u-Ahashiveroshi ihlezi esihlalweni sobukhosi sombuso wayo, esasiseShushani endlini yenkosi,

3ngomnyaka wesithathu wokubusa kwayo, yenzela izikhulu zayo zonke nezinceku zayo idili, amaqhawe asePheresiya naseMediya, nabakhulu nezikhulu zezifunda bephambi kwayo,

4lapho iyibonakalisa ingcebo yombuso wayo odumileyo, nobukhosi nobuhle bobukhulu bayo izinsuku eziningi, izinsuku eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili.

5Seziphelile lezo zinsuku, inkosi yenzela abantu bonke ababe khona eShushani endlini yenkosi, abakhulu nabancane, idili izinsuku eziyisikhombisa egcekeni lensimu yendlu yenkosi.

6Kwakukhona izilenge ezimhlophe neziluhlaza, ziboshelwe ngezintambo zelineni elicolekileyo nezibubende emasongweni esiliva nasezinsikeni zamatshe amhlophe; imibhede yayiyigolide nesiliva phezu kwendawo egandaywe ngamatshe abomvu, nangamaparele, nangamatshe amnyama.

7Baphuziswa ngezitsha zegolide, izitsha zahlukene, ezinye nezinye, iwayini lamakhosi eliningi njengokwesandla senkosi.

8Ukuphuza kwaya ngomthetho wokuba kungacindezelwa muntu, ngokuba inkosi yayiyalile zonke izinduna zendlu yayo ukuba zenze njengokuthanda kwabantu abanye ngabanye.

9Naye uVashiti, inkosikazi, wenzela abesifazane idili endlini yenkosi u-Ahashiveroshi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Ngosuku lwesikhombisa, lapho inhliziyo yenkosi isithokoza ngewayini,
yayala oMehumani, noBizitha, noHaribona, noBigitha, no-Abagitha,
noZethari, noKarikasi, izinduna eziyisikhombisa ezazikhonza ebusweni buka-
Ahashiveroshi inkosi

11ukuba zimlethe uVashiti inkosikazi phambi kwenkosi, abe nomqhele
wobukhosi ukuba abonise abantu nezikhulu ubuhle bakhe, ngokuba
wayebukeka kahle.

12Kepha inkosikazi uVashiti yenqaba ukuza ngesiyalezo senkosi ngesandla
sezinduna; ngalokho inkosi yathukuthela kakhulu, ulaka lwayo lwashisa
phakathi kwayo.

13 Yayisisho inkosi kwabahlakaniphileyo abazazi izikhathi ngokuba
yayinendlela enjalo inkosi phambi kwabo bonke ababewazi umthetho
nokwahlulela;

14ababe seduze naye kwakungoKarishena, noShethari, no-Adimatha,
noTharishishi, noMeresi, noMarisena, noMemukhani, izikhulu
eziyisikhombisa zasePheresiya naseMediya ezaziphambi kobuso benkosi,
zihlala emqoka embusweni

15yathi: Siyakwenze njani kuyo inkosikazi uVashiti njengomthetho, ngokuba
ayenzanga izwi lenkosi u-Ahashiveroshi ngesandla sezinduna, na?

16UMemukhani wathi phambi kwenkosi nezikhulu: UVashiti, inkosikazi,
akonanga enkosini kuphela, kepha nakuzo zonke izikhulu nakubantu bonke
abasezifundeni zenkosi u-Ahashiveroshi.

17Ngokuba le ndaba yenkosikazi iyakuphumela kubo bonke abesifazane
ukuba amadoda abo adeleleke emehlweni abo, lapho kuthiwa inkosi u-
Ahashiveroshi yamyala uVashiti, inkosikazi, ukuba alethwe phambi kwayo,
kepha akafikanga.

18Namuhla amakhosikazi asePheresiya naseMediya ayizwile le ndaba
yenkosikazi ayakukusho ezikhulwini zenkosi, kube ngukudelela nentukuthelo
enkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Uma kukuhle enkosini, makuphume izwi lobukhosi, lilotshwe phakathi kwemithetho yamaPheresiya namaMede, lingalahlwa, lokuba uVashiti angabe esangena phambi kwenkosi u-Ahashiveroshi, inkosi inike omunye omuhle kunaye ubukhosikazi bakhe.

20Lapho isimemezelo senkosi eyakusenza sesiyakuzwakala embusweni wayo wonke, ngokuba mkhulu bonke abafazi bayakuwahlonipha amadoda abo, amakhulu namancane.

21Laba lihle lelo zwi emehlweni enkosi nasezikhulwini; yenza-ke inkosi njengezwi likaMemukhani;

22yathuma izincwadi ezifundeni zonke zenkosi, ezifundeni ngezifunda njengokubhala kwazo nasezizweni ngezizwe njengezilimi zazo ukuba yilowo nalowo muntu abuse endlini yakhe, akhulume ngolimi lwesizwe sakubo.

## U-Esteri 2

### U-Esteri uyinkosikazi

1Emva kwalokho lapho ulaka lwenkosi u-Ahashiveroshi selubohlile, yamkhumbula uVashiti nalokho akwenzileyo, nalokho okumenyezelwe ngaye.

2Zase zithi izinceku zenkosi ezaziyikhonza: Inkosi mayifunelwe izintombi ezibukekayo,

3inkosi imise ababonisi ezifundeni zonke zombuso wakho ukuba babuthele ndawonye zonke izintombi ezibukekayo eShushani endlini yenkosi endlini yabesifazane phansi kwesandla sikaHegayi induna yenkosi, umgcini wabesifazane, zinikwe izinto zazo zokuqhola.

4Intombi enhle emehlweni enkosi mayibe yinkosikazi esikhundleni sikaVashiti. Yaba nhle leyo nto emehlweni enkosi, yenze njalo.

5Kwakukhona umuntu womJuda eShushani endlini yenkosi ogama lakhe lalinguMoridekayi kaJayire kaShimeyi kaKishi wakwaBenjamini,

6owayethunjiwe eJerusalema kanye nabathunjwa ababethunjwe noJekoniya, inkosi yakwaJuda, owathunjwa nguNebukadinesari, inkosi yaseBabele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

7Wayelokhu emondla uHadasa ongu-Esteri, indodakazi kayisekazi, ngokuba wayengenayise, engenanina; intombi yayiyinhle, yayibukeka; sebefile uyise nonina, uMoridekayi wayithatha yaba yindodakazi yakhe.

8Kwathi lapho izwi lenkosi nesimemezelo sayo sekuzwakele, nalapho izintombi eziningi zibuthene eShushani endlini yenkosi phansi kwesandla sikaHegayi, u-Esteri wangeniswa endlini yenkosi phansi kwesandla sikaHegayi, umgcini wabesifazane.

9Intombi yayiyinhle emehlweni akhe, yafumana umusa kuye; washesha wayinika izinto zokuqhola, nezabelo zayo, nezintombi eziyisikhombisa ezazikhethelwe yona zivela endlini yenkosi, wayiyisa yona nezintombi zayo endaweni enhle yendlu yabesifazane.

10Kepha u-Esteri wayengakhulumanga ngabantu bakubo nangezihlobo zakhe, ngokuba uMoridekayi wayeyiyalile ukuba ingakusho.

11UMoridekayi wayehamba zonke izinsuku phambi kwegceke lendlu yabesifazane ukuba azi impilo ka-Esteri nokuthi kwenziwe njani kuye.

12Lapho kufika isikhathi sezintombi ngezintombi sokuba zingene enkosini u-Ahashiveroshi emva kokuba kwenziwe kuzo njengomthetho wabesifazane izinyanga eziyishumi nambili ngokuba zagcwaliswa kanjalo izinsuku zokuqholwa kwazo, izinyanga eziyisithupha ngamafutha emure nezinyanga eziyisithupha ngamakha nangezinto zokuqhola abesifazane

13intombi yangena ngaleyo ndlela enkosini, nakho konke eyakushoyo yakunikwa ukuba iphume nakho endlini yabesifazane, iye endlini yenkosi.

14Yangena khona kusihlwa; ekuseni yabuyela endlini yesibili yabesifazane phansi kwesandla sikaShahashigazi, induna yenkosi, umgcini wezancinza, ingaphindi ingene enkosini, uma inkosi ingathokozanga ngayo, ibizwe ngegama.

15Lapho sesifikile isikhathi sika-Esteri, indodakazi ka-Abihayili, uyisekazi kaMoridekayi omthathe ukuba abe yindodakazi yakhe sokuba angene enkosini, akafunanga lutho, kuphela lokho akushoyo uHegayi induna

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

yenkosi, umgcini wabesifazane. U-Esteri wafumana umusa emehlweni abo bonke abambonayo.

16U-Esteri wayeseyiswa enkosini u-Ahashiveroshi endlini yakhe yobukhosi ngenyanga yeshumi, eyinyanga kaThebeti, ngomnyaka wesikhombisa wokubusa kwayo.

17Inkosi yamthanda u-Esteri phezu kwabo bonke abesifazane, wafumana umusa nesihe emehlweni ayo kunazo zonke izintombi, wamfaka umqhele wobukhosi, wamenza inkosikazi esikhundleni sikaVashiti.

18Inkosi yayisizenzela zonke izikhulu zayo nezinceku zayo idili elikhulu, idili lika-Esteri, wanika izifunda ukuphumula, waphana ngezipho njengokupha kwenkosi.

19Lapho izintombi sezibuthwa ngokwesibili, uMoridekayi wahlala esangweni lenkosi.

20 U-Esteri wayengakalandi lutho ngezihlobo zakhe nangabantu bakhe, njengalokho uMoridekayi amyala ngakho, ngokuba u-Esteri wenza okushiwo nguMoridekayi njengalapho esondliwa nguye.

21Ngalezo zinsuku uMoridekayi esahlezi esangweni lenkosi, izinduna ezimbili zenkosi oBigithani noThereshi kubalindisango zazithukuthele, zafuna ukubeka izandla enkosini u-Ahashiveroshi.

22Leyo ndaba yaziwa nguMoridekayi, wayitshela u-Esteri inkosikazi; u-Esteri wayisho enkosini egameni likaMoridekayi.

23 Lapho indaba iphenywa, kufunyanwa ukuthi injalo, zaphanyekwa zombili emthini; kwalotshwa encwadini yezindaba zemihla ngemihla phambi kwenkosi.

## U-Esteri 3

### Icebo likaHamani ngoJuda

1Emva kwalezo zinto inkosi, u-Ahashiveroshi, yamenza mkhulu uHamani indodana kaHamedatha umAgagi, yamphakamisa, yamisa isihlalo sakhe phezu kwazo zonke izikhulu ezazinayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[2]Zonke izinceku zenkosi ezazisesangweni lenkosi zakhothama, zakhuleka kuHamani, ngokuba inkosi iyale kanjalo ngaye. Kepha uMoridekayi akakhothamanga, kakhulekanga kuye.

[3]Zase zithi izinceku zenkosi ezazisesangweni lenkosi kuMoridekayi: Weqelani isiyalezo senkosi na?

[4]Kwathi zikhuluma kuye imihla ngemihla, engazilaleli, zamtshela uHamani ukuba zibone ukuthi amazwi kaMoridekayi ayakuma yini, ngokuba wayezitshelile ukuthi ungumJuda.

[5]Lapho uHamani ebona ukuthi uMoridekayi akakhothamanga, kakhulekanga kuye, uHamani wagcwala ulaka.

[6]Kwakudelelekile emehlweni akhe ukubeka izandla kuMoridekayi yedwa, ngokuba zase zimtshelile abantu bakaMoridekayi; ngalokho uHamani wafuna ukubulala bonke abaJuda ababe sembusweni wonke ka-Ahashiveroshi, isizwe sikaMoridekayi.

[7] Ngenyanga yokuqala eyinyanga kaNisani ngomnyaka weshumi nambili wenkosi u-Ahashiveroshi benza iPhure eliyinkatho phambi kukaHamani imihla ngemihla izinyanga ngezinyanga, kwaze kwaba ngeyeshumi nambili eyinyanga ka-Adari.

[8]UHamani wathi enkosini u-Ahashiveroshi: Kukhona isizwe esithile esihlakazekile, sisakazekile phakathi kwabantu bezifunda zonke zombuso wakho; nemithetho yaso yahlukene neyezizwe zonke; futhi asigcini imithetho yenkosi; ngalokho akufanele ukuba inkosi isiyeke.

[9]Uma kukuhle enkosini, makulotshwe ukuba sichithwe; ngiyakukhokhela amatalenta ayizinkulungwane eziyishumi esiliva ezandleni zabenza umsebenzi wenkosi, ayiswe esikhwameni senkosi.

[10] Inkosi yakhumula indandatho yayo esandleni sayo, yayinika uHamani indodana kaHamedatha umAgagi isitha sabaJuda.

[11]Inkosi yathi kuHamani: Isiliva liyanikwa wena, nesizwe futhi, ukuba wenze kuso okuhle emehlweni akho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[12]Kwase kubizwa abalobi benkosi ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nantathu lwayo, kwalotshwa njengakho konke uHamani ayala angakho othulasizwe benkosi, nababusi ababephethe izifunda ngezifunda, nezikhulu zezizwe ngezizwe, izifunda ngezifunda njengokubhala kwazo, nezizwe ngezizwe njengolimi lwazo; kwalotshwa egameni lenkosi u-Ahashiveroshi, kwanamathiselwa ngendandatho yenkosi.

[13]Izincwadi zathunywa ngesandla sezigijimi ezifundeni zonke zenkosi ukuba kuchithwe, kubulawe, kubhujiswe abaJuda bonke, abasha nabadala, izingane nabesifazane, ngalusuku lunye, ngolweshumi nantathu lwenyanga yeshumi nambili eyinyanga ka-Adari, impahla yabo ibe yimpango.

[14]Impinda yokulotshiweyo yanikwa ukuba ibe yisimemezelo ezifundeni zonke, kumenyezelwe kubantu bonke ukuba bazilungiselele lolo suku.

[15] Izigijimi zashesha zahamba ngezwi lenkosi. Umthetho washaywa eShushani endlini yenkosi; inkosi noHamani bahlala phansi, baphuza, kepha umuzi waseShushani wakhungatheka.

## U-Esteri 4

### Ukudabuka kukaMoridekayi

[1]UMoridekayi esekwazi konke okwenziweyo, uMoridekayi waziklebhula izingubo zakhe, wembatha indwangu yamasaka nomlotha, waphumela phakathi komuzi, wakhala ngokukhala okukhulu okumunyu;

[2]waya naphambi kwesango lenkosi, ngokuba kwakungekho ongangena esangweni lenkosi embethe indwangu yamasaka.

[3]Kuzo zonke izifunda lapho kwafika khona izwi lenkosi nomthetho wayo, kwaba khona ukulila okukhulu phakathi kwabaJuda, nokuzila ukudla nokukhala ngezinyembezi, nokulila; abaningi balala phansi bembethe izindwangu zamasaka nomlotha.

### U-Esteri uyabikelwa indaba. Impendulo yakhe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Izintombi zika-Esteri nezinduna zakhe zafika zamtshela lokho; inkosikazi yazwiswa kakhulu ubuhlungu; yathuma izingubo zokumembathisa uMoridekayi, yasusa kuye ingubo yakhe yamasaka; kepha akazamukelanga.

5U-Esteri wayesebiza uHathaki wezinduna zenkosi eyayimmisile ukuba amkhonze, wamyala ukuba aye kuMoridekayi, ukuze akwazi ukuthi kuyini nokuthi kungani na?

6UHathaki wayesehamba, waya kuMoridekayi esigcawini somuzi esasiphambi kwesango lenkosi.

7 UMoridekayi wamtshela konke okumehleleyo nenani lemali uHamani ayethembisile ukulikhokhela esikhwameni senkosi ngabaJuda ukuba babhujiswe.

8 Wamnika futhi impinda yomthetho olotshiweyo owashaywa eShushani wokuba babhujiswe, ukuze amtshengise yona u-Esteri, amtshele ngayo, amyale ukuba angene enkosini ukunxusa kuyo, acelele abantu bakhe phambi kwayo.

9Wafika uHathaki, wamtshela u-Esteri amazwi kaMoridekayi.

10Wayesethi u-Esteri kuHathaki, wayala ukuba kuthiwe kuMoridekayi:

11Zonke izinceku zenkosi nabantu bezifunda zenkosi bayazi ukuthi bonke abesilisa nabesifazane abeza enkosini egcekeni elingaphakathi bengabizwanga, kukhona umthetho munye ngabo wokuba babulawe, ngaphandle kwalowo inkosi eyakwelulela kuye intonga yegolide ukuba aphile; kodwa mina angibizwanga ukuba ngingene enkosini ngalezi zinsuku ezingamashumi amathathu.

12Bamtshela uMoridekayi amazwi ka-Esteri.

13Wayesesho uMoridekayi ukuba babuyisele impendulo ku-Esteri ngokuthi: Ungacabangi enhliziyweni yakho ukuthi wena uyakusinda endlini yenkosi kunabaJuda bonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Ngokuba uma uthula nokuthula ngalesi sikhathi, ukukhululwa nokophulwa kwabaJuda kuyakuvela kwenye indawo, wena nendlu kayihlo nibhubhe. Ngubani okwaziyo, uma ungafikanga embusweni ngenxa yesikhathi esinjengalesi na?

15U-Esteri wayesesho ukuba kubuyiselwe impendulo kuMoridekayi yokuthi:

16 Hambani nibuthe bonke abaJuda abakhona eShushani, ningizilele ukudla, ningadli, ningaphuzi izinsuku ezintathu ubusuku nemini; nami nezintombi zami siyakuzila kanjalo, ngingene enkosini noma kungengamthetho; uma ngibhubha, mangibhubhe.

17Wayesehamba uMoridekayi, wenza njengakho konke u-Esteri amyale ngakho.

## U-Esteri 5

### U-Esteri wenzela inkosi noHamani idili

1Kwathi ngosuku lwesithathu u-Esteri wembatha ingubo yobukhosi, wema egcekeni elingaphakathi lendlu yenkosi malungana nendlu yenkosi; inkosi yayihlezi esihlalweni sayo sobukhosi endlini yobukhosi malungana nomnyango wendlu.

2 Kwathi lapho inkosi ibona u-Esteri inkosikazi emi egcekeni, wafumana umusa emehlweni ayo; inkosi yamelulela u-Esteri intonga yegolide esesandleni sayo. Wayesesondela u-Esteri, wasithinta isihloko sentonga.

3 Yayisithi inkosi kuye: Ukhala ngani, nkosikazi Esteri, na? Yini oyifunayo na? Uyakunikwa kuze kube nenxenye yombuso.

4 Wathi u-Esteri: Uma kukuhle enkosini, inkosi noHamani mabeze namuhla edilini engiyilungisele lona.

5Yathi inkosi: Msheshiseni uHamani ukuba kwenziwe njengezwi lika-Esteri. Base beya inkosi noHamani edilini alilungisileyo u-Esteri.

6Inkosi yathi ku-Esteri ngasedilini lewayini: Isicelo sakho siyini na? Uyakusenzelwa. Yini oyifunayo na? Kuyakwenziwa kuze kube nenxenye yombuso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Wayesephendula u-Esteri, ethi: Isicelo sami nengikufunayo nakhu:

8Uma ngifumene umusa emehlweni enkosi noma kukuhle enkosini ukunginika lokho engikucelayo nokwenza lokho engikufunayo, makuze inkosi noHamani edilini engiyakubalungisela lona; ngiyakwenza kusasa njengezwi lenkosi.

**Ukuziphakamisa nokuthukuthela kukaHamani**

9 UHamani waphuma khona ngalolo suku, ethokoza enenhliziyo enhle; kepha lapho uHamani embona uMoridekayi esangweni lenkosi ukuthi akasukumanga, kanyakazanga ngaye, uHamani wagcwala ulaka ngoMoridekayi.

10Kepha uHamani wazibamba, waya ekhaya; wayesethuma, walanda abangane bakhe noZereshi umkakhe.

11UHamani wabalandisa udumo lwengcebo yakhe, nobuningi babantwana bakhe, nakho konke inkosi emkhulisile kukho, nalokho emphakamisile kukho phezu kwezikhulu nezinceku zenkosi.

12UHamani wathi futhi: U-Esteri, inkosikazi, akangenisanga muntu kanye nenkosi edilini alilungisileyo ngaphandle kwami; nakusasa mina ngimenyiwe nguye kanye nenkosi.

13Kepha konke lokho akunganelisi ngalutho kuso sonke isikhathi engilokhu ngibona ngaso uMoridekayi, umJuda, ehlezi esangweni lenkosi.

14Wayesethi uZereshi umkakhe nabo bonke abangane bakhe kuye: Yenza umuthi, ukuphakama kwawo kube yizingalo ezingamashumi ayisihlanu, ukhulume ekuseni enkosini ukuba uMoridekayi aphanyekwe kuwo, besewungena ngokuthokoza kanye nenkosi edilini. Laba lihle lelo zwi kuHamani, wenza umuthi.

## U-Esteri 6

**Ukuphakanyiswa kukaMoridekayi**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[1] Ngalobo busuku ubuthongo babaleka enkosini, yayala ukuba kulethwe incwadi yezikhumbuzo zezindaba zemihla ngemihla, zafundwa phambi kwenkosi.

[2] Kwafumaniseka kulotshiwe ukuthi uMoridekayi wayelandile ngoBigithani noThereshi izinduna ezimbili zenkosi, abalindisango, ukuthi babefunile ukubeka isandla enkosini u-Ahashiveroshi.

[3]Inkosi yathi: Ludumo luni nobukhulu buni okwenzelwe uMoridekayi ngalokho na? Zase zithi izinceku zenkosi ezaziyikhonza: Akenzelwanga lutho.

[4] Yayisithi inkosi: Ngubani osegcekeni na? UHamani wayesandUkungena nje egcekeni elingaphandle lendlu yenkosi ukuba akhulume enkosini ngokuphanyekwa kukaMoridekayi emthini abemlungisele wona.

[5]Zathi-ke izinceku zenkosi kuyo: Bheka, uHamani umi egcekeni. Yathi inkosi: Makangene.

[6]Yayisithi inkosi kuye: Umuntu inkosi ethanda ukumdumisa wenzelwani na? UHamani wathi enhliziyweni yakhe: Ngubani inkosi ebiyakuthanda ukumenzela udumo ngaphandle kwami na?

[7]Wayesethi enkosini: Umuntu inkosi ethanda ukumenzela udumo

[8]makalethelwe isambatho sobukhosi ekade isembethe inkosi, kanye nehhashi inkosi ekade ikhwela kulo nelifakwe enhloko yalo umqhele wobukhosi;

[9]isambatho nehhashi makunikezwe esandleni sesinye sezikhulu ezidumileyo ukuba zimembathise lowo muntu inkosi ethanda ukumdumisa, zimkhwelise ehhashini esigcawini somuzi, zimemeze phambi kwakhe ngokuthi: Uyakwenzelwa kanjalo umuntu inkosi ethanda ukumdumisa.

[10]Yayisithi inkosi kuHamani: Shesha, uthathe isambatho nehhashi njengokusho kwakho, wenze njalo kuMoridekayi, umJuda, ohlezi esangweni lenkosi. Makungaphuthi lutho lwakho konke okukhulumileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[11]UHamani wathatha-ke isambatho nehhashi, wamembathisa uMoridekayi, wamkhwelisa esigcawini somuzi, wamemeza phambi kwakhe ngokuthi: Uyakwenzelwa kanjalo umuntu inkosi ethanda ukumdumisa.

[12]UMoridekayi wabuyela esangweni, kepha uHamani waphuthuma ekhaya ekhala, embozile ikhanda.

[13]UHamani walandisa uZereshi umkakhe nabo bonke abangane bakhe konke okumehleleyo. Zase zithi kuye izihlakaniphi zakhe noZereshi umkakhe: Uma uMoridekayi oqale ukuwa phambi kwakhe engowenzalo yabaJuda, awuyikumahlula, kepha uyakuwa nokuwa phambi kwakhe.

[14] Besakhuluma naye, zafika izinduna zenkosi, zashesha ukumyisa uHamani edilini u-Esteri alilungisileyo.

## U-Esteri 7

### Ukuwa kukaHamani

[1] Yafika-ke inkosi noHamani edilini lika-Esteri inkosikazi.

[2] Inkosi yabuye yathi ku-Esteri ngosuku lwesibili lwedili lewayini: Isicelo sakho siyini, nkosikazi Esteri, na? Uyakusenzelwa. Yini oyifunayo na? Kuyakwenziwa kuze kube nenxenye yombuso.

[3]Wayesephendula u-Esteri inkosikazi, ethi: Uma ngifumene umusa emehlweni akho, nkosi, noma kukuhle enkosini, mangiphiwe ukuphila kwami ngesicelo sami nokwesizwe sakithi ngokufuna kwami,

[4]ngokuba kuthengisiwe ngathi, mina nesizwe sakithi, ukuba sichithwe, sibulawe, sibhubhe. Uma bekuthengisiwe ngathi sibe yizigqila nezigqilakazi kuphela, ngabe ngithulile, ngokuba usizi lwethu alwanele ukuba sisinde inkosi.

[5]Yayisisho inkosi u-Ahashiveroshi, ithi ku-Esteri inkosikazi: Ngubani lo, uphi yena onesibindi sokwenza lokho na?

[6]U-Esteri wathi: Ngumuntu omelene nathi, oyisitha, uHamani lo omubi. UHamani wayeseshaywa luvalo phambi kwenkosi nenkosikazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Yayisisukuma inkosi ngolaka lwayo edilini lewayini, yaya ensimini yendlu yenkosi; uHamani wasukuma ukunxusa u-Esteri inkosikazi ngokuphila kwakhe, ngokuba wabona ukuthi usenqunyelwe okubi yinkosi.

8Inkosi isibuya ensimini yendlu yenkosi, ingene endlini yedili lewayini, uHamani wayesewele embhedeni u-Esteri ayekuwo. Yayisithi inkosi: Uyakuyiphoqa inkosikazi phambi kwami lapha endlini na? Lapho liphuma leli zwi emlonyeni wenkosi, bamboza ubuso bukaHamani.

9Wayesethi uHaribona, enye yezinduna ezaziphambi kwenkosi: Bheka, umuthi okuphakama kwawo kuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu, uHamani ayewenzele uMoridekayi owakhuluma kahle ngenkosi, umi endlini kaHamani. Inkosi yathi: Mphanyekeni kuwo.

10Base bemphanyeka-ke uHamani emthini ayewulungisele uMoridekayi. Yayisibohla intukuthelo yenkosi.

## U-Esteri 8

### AbaJuda bavunyelwa ukuzilwela nokuphindisela

1 Ngalolo suku inkosi u-Ahashiveroshi yanika u-Esteri, inkosikazi, indlu kaHamani isitha sabaJuda. UMoridekayi weza phambi kwenkosi, ngokuba u-Esteri wayeselandile ukuthi uyini naye.

2 Inkosi yakhumula indandatho yayo ebiyisusile kuHamani, yayinika uMoridekayi. U-Esteri wambeka uMoridekayi phezu kwendlu kaHamani.

3U-Esteri waqhubeka wakhuluma phambi kwenkosi, wawa ngasezinyaweni zayo, wakhala, wayinxusa ukuba ibususe ububi bukaHamani umAgagi necebo lakhe ayelicebe ngabaJuda.

4 Inkosi yamelulela u-Esteri intonga yegolide. Wayesesukuma u-Esteri, wema phambi kwenkosi.

5 Wathi: Uma kukuhle enkosini, noma ngifumene umusa phambi kwayo, noma le nto ilungile phambi kwenkosi, uma ngithandeka emehlweni ayo, makulotshwe ukuba zibuyiswe izincwadi zamacebo kaHamani indodana

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kaHamedatha umAgagi azilobayo ukuba bachithwe abaJuda abasezifundeni zenkosi;

6ngokuba ngingakubuka kanjani okubi okuyakufica isizwe sakithi, noma ngingakubuka kanjani ukuchithwa kwezihlobo zami na?

7Inkosi u-Ahashiveroshi yathi ku-Esteri, inkosikazi, nakuMoridekayi, umJuda: Bhekani, nginike u-Esteri indlu kaHamani; yena bamphanyekile emthini, ngokuba wabeka isandla sakhe kubaJuda.

8 Kepha lobani nani ngabaJuda njengokuhle emehlweni enu egameni lenkosi, nikunamathelise ngendandatho yenkosi, ngokuba umbhalo obhalwe egameni lenkosi wanamatheliswa ngendandatho yenkosi awunakubuyiswa muntu.

9 Abalobi benkosi babizwa ngaleso sikhathi ngenyanga yesithathu, eyinyanga kaSivani, ngolwamashumi amabili nantathu lwayo; kwalotshwa njengakho konke uMoridekayi ayala ngakho abaJuda, nawothulasizwe, nababusi, nezikhulu zezifunda, kusukela e-Indiya kuze kufike eKushe, izifunda eziyikhulu namashumi amabili nesikhombisa, izifunda ngezifunda njengokubhala kwazo, nezizwe ngezizwe njengolimi lwazo, nabaJuda njengokubhala kwabo nanjengolimi lwabo.

10Waloba egameni lenkosi u-Ahashiveroshi, wakunamathelisa ngendandatho yenkosi, wazithuma izincwadi ngesandla sezigijimi zamahhashi, zigibela amahhashi anejubane, amahhashi enkosi akhethekileyo,

11inkosi eyavumela ngakho abaJuda ababesemizini ngemizi ukuba babuthane, bamele ukuphila kwabo, bachithe, babulale, babhubhise onke amabutho abantu nawesifunda abahlaselayo, izingane nabesifazane, impahla yabo ibe yimpango,

12ngosuku oluthile ezifundeni zonke zenkosi u-Ahashiveroshi, ngolweshumi nantathu lwenyanga yeshumi nambili eyinyanga ka-Adari.

13 Impinda yokulotshiweyo yanikwa ukuba ibe yisimemezelo ezifundeni zonke, kumenyezelwe kubantu bonke ukuba abaJuda bazilungiselele lolo suku, baziphindisele ezitheni zabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[14]Zase ziphuma izigijimi zigibele amahhashi anejubane, amahhashi enkosi, zisheshiswa ziqhutshwa yizwi lenkosi; umthetho washaywa eShushani endlini yenkosi.

[15]Wayesephuma uMoridekayi ebusweni benkosi embethe isambatho sobukhosi esiluhlaza nesimhlophe, enomqhele omkhulu wegolide nengubo yelineni elicolekileyo nebubende; umuzi waseShushani wajabula, wathokoza.

[16]AbaJuda base benakho ukukhanya, nokuthokoza, nokujabula, nodumo.

[17] Ezifundeni zonke nasemizini yonke lapho kufika khona izwi lenkosi nomthetho wayo, abaJuda babe nokuthokoza nokujabula, nedili, nosuku oluhle. Abezizwe abaningi baphenduka abaJuda, ngokuba babehlelwe yingebhe ngabaJuda.

## U-Esteri 9

### Impindiselo yabaJuda

[1] Ngenyanga yeshumi nambili eyinyanga ka-Adari ngosuku lweshumi nantathu lwayo, lapho kusondela izwi lenkosi nomthetho wayo ukuba kwenziwe, ngosuku izitha zabaJuda ezazethembile ngalo ukubusa phezu kwabo nokho kwaguqulwa ukuze abaJuda babuse phezu kwababazondayo.

[2]AbaJuda babuthana emizini yabo ezifundeni zonke zenkosi u-Ahashiveroshi ukuba babeke izandla kulabo ababefuna ukubalimaza; akubangakho ongamelana nabo, ngokuba abantu bonke babehlelwe yingebhe ngabo.

[3]Zonke izikhulu zezifunda, nawothulasizwe, nababusi, nabenza umsebenzi wenkosi, babasiza abaJuda, ngokuba babehlelwe yingebhe ngoMoridekayi.

[4] Ngokuba uMoridekayi wayemkhulu endlini yenkosi, nodumo lwakhe lwahamba ezifundeni zonke, ngokuba lowo muntu uMoridekayi wayelokhu ekhula njalo.

[5]AbaJuda baceka zonke izitha zabo ngokuceka kwenkemba, nangokubulala, nangokuchitha, benza kwababazondayo njengokuthanda kwabo.

[6]EShushani endlini yenkosi abaJuda babulala, bachitha abantu abangamakhulu ayisihlanu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Babulala noParishanidatha, noDalifoni, no-Asiphatha,

8noPhoratha, no-Adaliya, no-Aridatha,

9noPharimashita, no-Arisayi, no-Aridayi, noVayizatha,

10amadodana ayishumi kaHamani indodana kaHamedatha, isitha sabaJuda, kepha ababekanga izandla zabo empangweni.

11Ngalolo suku inani lababuleweyo eShushani endlini yenkosi lalethwa phambi kwenkosi.

12 Inkosi yayisithi ku-Esteri inkosikazi: AbaJuda babulele bachitha abantu abangamakhulu ayisihlanu eShushani endlini yenkosi namadodana ayishumi kaHamani; pho, benzeni kwezinye izifunda zenkosi? Isicelo sakho siyini? Uyakusenzelwa. Yini oyifunayo na? Kuyakwenziwa.

13U-Esteri wathi: Uma kukuhle enkosini, abaJuda abaseShushani mabavunyelwe nakusasa ukwenza njengomthetho wanamuhla, aphanyekwe amadodana ayishumi kaHamani emthini.

14Inkosi yasho ukuba kwenziwe kanjalo; umthetho washaywa eShushani; bawaphanyeka amadodana ayishumi kaHamani.

15AbaJuda ababe seShushani babuthana nangosuku lweshumi nane lwenyanga ka-Adari, babulala abantu abangamakhulu amathathu eShushani, kepha ababekanga izandla zabo empangweni.

16Abanye abaJuda ababe sezifundeni zenkosi babuthana, bamela ukuphila kwabo, baphumula ezitheni zabo, babulala abayizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa nanhlanu ababazondayo, kepha ababekanga izandla zabo empangweni.

17Lokho kwakungosuku lweshumi nantathu lwenyanga ka-Adari; ngosuku lweshumi nane lwayo baphumula, balwenza lwaba lusuku lwedili nolokuthokoza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[18]Kepha abaJuda ababe seShushani babuthana ngolweshumi nantathu lwayo nangolweshumi nane lwayo; ngolweshumi nanhlanu lwayo baphumula, balwenza lwaba lusuku lwedili nolokuthokoza.

[19]Ngalokho abaJuda basemaphandleni ababehlezi emizaneni engabiyelwe benza usuku lweshumi nane lwenyanga ka-Adari lube ngolokuthokoza nolwedili nosuku oluhle nolokuthumelana izipho omunye komunye.

### Umkhosi wePhurimi

[20]UMoridekayi waziloba lezo zindaba, wathuma izincwadi kubo bonke abaJuda ababe sezifundeni zonke zenkosi u-Ahashiveroshi, abaseduze nabakude,

[21]ukumisa ukuba bagcine usuku lweshumi nane lwenyanga ka-Adari nosuku lweshumi nanhlanu lwayo iminyaka yonke

[22]njengezinsuku abaJuda abathola ngazo ukuphumula ezitheni zabo nenyanga eyaguqulwa kubo osizini yaba ngeyokuthokoza nasekulileni kwaba lusuku oluhle, bazenze zibe yizinsuku zedili nezokuthokoza nezokuthumelana izipho omunye komunye, kanye nezipho kwabampofu.

[23]AbaJuda bakwamukela ukwenza lokho abakuqalileyo, nalokho ayekulobe kubo uMoridekayi,

[24] ngokuba uHamani indodana kaHamedatha umAgagi, isitha sabo bonke abaJuda, wayecebile ngabaJuda ukuba abachithe, waphonsa iPhure elinyinkatho ukuba abanqobe, abachithe;

[25]kepha lapho lokho kwafika phambi kwenkosi, yasho ngencwadi ukuba lelo cebo elibi ayelicebe ngabaJuda libuyele ekhanda lakhe, yena namadodana akhe baphanyekwe emthini.

[26]Ngalokho babiza lezo zinsuku ngokuthi iPhurimi ngegama lePhure. Ngalokho ngenxa yawo onke amazwi aleyo ncwadi, nangenxa yalokho abebekubonile ngale ndaba, nalokho okubehleleyo,

[27]abaJuda banquma bamukela, bona nenzalo yabo, nabo bonke ababezihlanganisa nabo, ukuthi bayakugcina lezo zinsuku zombili

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

njengokubhalwa kwazo nanjengesikhathi sazo esinqunyiweyo iminyaka yonke, bangaphuthi,

28zikhunjulwe lezo zinsuku, zigcinwe ezizukulwaneni ngezizukulwane, emindenini ngemindeni, ezifundeni ngezifunda, emizini ngemizi, lezo zinsuku zePhurimi, zingaphuthi phakathi kwabaJuda, nesikhumbuzo sazo singapheli enzalweni yabo.

29U-Esteri inkosikazi, indodakazi ka-Abihayili, noMoridekayi umJuda base beloba ngamandla onke ukuba baqinise le ncwadi yesibili yePhurimi.

30Wathuma izincwadi kubo bonke abaJuda ezifundeni eziyikhulu namashumi amabili nesikhombisa zombuso ka-Ahashiveroshi, zinamazwi okuthula neqiniso,

31ukuba aqinise lezo zinsuku zePhurimi ngezikhathi zazo ezinqunyiweyo njengokuzimisa kukaMoridekayi umJuda no-Esteri inkosikazi, nanjengalokho bezimisele bona nenzalo yabo ngendaba yokuzila ukudla nokukhala kwabo.

32Izwi lika-Esteri laqinisa lezo zindaba zePhurimi, kwalotshwa encwadini.

## U-Esteri 10

### Amandla kaMoridekayi

1Inkosi u-Ahashiveroshi yathelisa izwe neziqhingi zolwandle.

2Zonke izenzo zegunya lakhe namandla akhe, nayo yonke indaba yobukhulu bukaMoridekayi inkosi eyayimkhulisela kubo angithi kulotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakhosi aseMediya nasePheresiya na?

3Ngokuba uMoridekayi, umJuda, wayelama inkosi u-Ahashiveroshi ngobukhulu, emkhulu phakathi kwabaJuda, ethokozelwa ngabafowabo abaningi, efuna okuhle kwesizwe sakubo, ekhuluma ukuthula kuyo yonke inzalo yabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UJobe

## UJobe 1

### Isimo sikaJobe; ukuhlupheka kwakhe nokubekezela kwakhe

1 Kwakukhona umuntu ezweni lase-Uzi ogama lakhe lalinguJobe; lowo muntu wayengenasici elungile, wayemesaba uNkulunkulu, wabalekela okubi.

2 Wazala amadodana ayisikhombisa namadodakazi amathathu.

3 Impahla yakhe yayiyizimvu eziyizinkulungwane eziyisikhombisa, namakamela ayizinkulungwane ezintathu, namabhangqa angamakhulu ayisihlanu ezinkabi, nezimbongolo zezinsikazi ezingamakhulu ayisihlanu, nezinceku eziningi kakhulu; wayemkhulu lowo muntu kunabo bonke abantu basempumalanga.

4 Amadodana akhe ayehamba enza idili endlini yaleyo naleyo ngosuku lwayo; ayesethuma ebiza odadewabo abathathu ukuba badle, baphuze nawo.

5 Kwathi lapho seziphelile izinsuku zedili lawo, uJobe wathuma wawangcwelisa, wavuka ekuseni, wanikela ngeminikelo yokushiswa njengomumo wawo onke; ngokuba uJobe wathi: Mhlawumbe amadodana ami onile, amthukile uNkulunkulu ezinhliziyweni zawo. Wenze njalo uJobe imihla yonke.

6 Kwathi ngelinye ilanga kwafika amadodana kaNkulunkulu ema phambi kukaJehova, kwafika noSathane phakathi kwawo.

7 UJehova wayesethi kuSathane: Uvelaphi na? USathane wamphendula uJehova, wathi: Ekuzuleni emhlabeni nasekuhambahambeni kuwo.

8 Wayesethi uJehova kuSathane: Inhliziyo yakho iyiqaphele inceku yami uJobe na? Ngokuba akakho onjengaye emhlabeni, umuntu ongenasici nolungileyo, omesaba uNkulunkulu, obalekela okubi.

9 USathane wamphendula uJehova, wathi: UJobe uyamesaba uNkulunkulu ngeze na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Wena awumbiyelanga yini yena nendlu yakhe nakho konke okwakhe nxazonke, wabusisa umsebenzi wezandla zakhe na? Impahla yakhe yandile emhlabeni.

11 Kepha ake welule isandla sakho, uthinte konke anakho, impela uyakukuthuka ebusweni bakho.

12 Wathi uJehova kuSathane: Bheka, konke anakho kusesandleni sakho; kuphela kuyena uqobo ungabeki isandla sakho. Wayesephuma uSathane ebusweni bukaJehova.

13 Kwathi ngolunye usuku lapho amadodana akhe namadodakazi akhe edla, ephuza iwayini endlini yomfowabo oyizibulo,

14 kwafika isithunywa kuJobe, sathi: Izinkabi bezilima, izimbongolo ziklabile eceleni kwazo,

15 lapho amaSheba etheleka, azithatha; izinceku azibulele ngosiko lwenkemba; mina ngedwa kuphela ngisindile, ukuze ngikubikele.

16 Esakhuluma lowo, kwafika nomunye, wathi: Umlilo kaNkulunkulu uwile ezulwini, washisa izimvu nezinceku, waziqeda; mina ngedwa kuphela ngisindile, ukuze ngikubikele.

17 Esakhuluma lowo, kwafika nomunye, wathi: AmaKaledi enza amaviyo amathathu, ahlasela amakamela, awathatha, azibulala izinceku ngosiko lwenkemba; mina ngedwa kuphela ngisindile, ukuze ngikubikele.

18 Esakhuluma lowo, kwafika nomunye, wathi: Amadodana akho namadodakazi akho ayedla, ephuza iwayini endlini yomfowabo oyizibulo;

19 bheka, kwafika, kwadabula ihlane umoya omkhulu, washaya amagumbi omane endlu, yawa phezu kwezinsizwa, zafa; mina ngedwa kuphela ngisindile, ukuze ngikubikele.

20 Wayesesukuma uJobe, waklebhula ingubo yakhe, waphucula ikhanda lakhe, wawela emhlabathini, wakhuleka,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 wathi: Ngaphuma ngize esizalweni sikamame; ngiyakubuyela khona ngize;
uJehova wapha, uJehova uthathile; malibongwe igama likaJehova.

22Kukho konke lokho uJobe akonanga, akamthelanga uNkulunkulu okubi.

## UJobe 2

### UJobe uyalingwa futhi; ukubekezela kwakhe

1Kwathi futhi ngelinye ilanga afika amadodana kaNkulunkulu, ema phambi
kukaJehova; noSathane wafika phakathi kwawo ukuba eme phambi
kukaJehova.

2UJehova wathi kuSathane: Uvelaphi na? USathane wamphendula uJehova,
wathi: Ekuzuleni emhlabeni nasekuhambahambeni kuwo.

3Wayesethi uJehova kuSathane: Inhliziyo yakho iyiqaphele inceku yami
uJobe na? Ngokuba akakho onjengaye emhlabeni, umuntu ongenasici
nolungileyo, omesaba uNkulunkulu, obalekela okubi; usabambelela
ekuphelelenі kwakhe, noma ungivusele ukumchitha engenacala.

4USathane wamphendula uJehova, wathi: Isikhumba ngesikhumba, yebo,
konke umuntu anakho uyakunika ngokuphila kwakhe.

5Kepha ake welule isandla sakho, uthinte amathambo akhe nenyama yakhe,
impela uyakukuthuka ebusweni bakho.

6UJehova wayesethi kuSathane: Bheka, usesandleni sakho; gcina ukuphila
kwakhe kodwa.

7Wayesephuma uSathane ebusweni bukaJehova, wamshaya uJobe
ngamathumba amabi, kusukela ematheni onyawo kuze kufike okhakhayini.

8Wathatha udengezi ukuzozenwaya ngalo; wayehlezi phakathi komlotha.

9Wayesethi umkakhe kuye: Usabambelela ekuphelelenі kwakho na? Thuka
uNkulunkulu, ufe.

10Kepha wathi kuye: Ukhuluma njengalokhu owesifazane oyisiwula
ekhuluma. Siyakwamukela okuhle kuphela kuNkulunkulu, singamukeli
nokubi, na? Kukho konke lokho uJobe akonanga ngomlomo wakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Lapho abangane abathathu bakaJobe sebezwe ngakho konke lokho okubi okumehleleyo, bafika kuye bevela, kwaba yilowo nalowo endaweni yakhe: ngu-Elifazi umThemani, noBilidadi umShuhi, noSofari umNahama; bavumelana ukuba baye bamkhalele, bamduduze.

12 Lapho bephakamisa amehlo abo besekude, abamazanga; badazuluka bakhala, baklebhula, kwaba yilowo nalowo ingubo yakhe, bafafaza amakhanda abo ngothuli beluphonsa phezulu.

13 Bahlala phansi naye emhlabathini izinsuku eziyisikhombisa nobusuku obuyisikhombisa, akukhulumanga muntu kuye, ngokuba babona ukuthi usizi lwakhe lwalulukhulu kakhulu.

## UJobe 3

### UJobe uqalekisa usuku lwakhe lokuzalwa; ufisa ukufa

1 Emva kwalokho uJobe wavula umlomo wakhe, waqalekisa usuku lwakhe.

2 UJobe wathatha wathi:

3 Makubhubhe usuku engazalwa ngalo, nobusuku obathi: Ukhulelwe umntwana wesilisa.

4 Lolo suku malube ngubumnyama; uNkulunkulu makangalunaki ephezulu, ukukhanya makungakhanyiswa kulo.

5 Ubumnyama nethunzi lokufa maluphiwe khona, kuhlale ifu phezu kwalo; okwenza mnyama usuku makulwesabise.

6 Ubusuku lobo isigayegaye masibubambe; mabungajabuli phakathi kwezinsuku zomnyaka, bungangeni phakathi komumo wezinyanga.

7 Bheka, lobo busuku mabungabi nalutho, kungangeni ukujabula kubo.

8 Mababuqalekise abathuka amalanga, abalungele ukuvusa uLeviyathani.

9 Izinkanyezi zokuhwelela kwabo maziphenduke ubumnyama; mabulinde ukukhanya kungabikho, bungaboni izinkophe zokusa,

10 ngokuba abuvalanga izivalo zesizalo sikamame, abufihlanga ukuhlupheka emehlweni ami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Angifanga ngani esizalweni na? Angibhubhanga ngani ekuphumeni kwami esiswini na?

12Amadolo angamukeleleni, namabele ukuba ngincele, na?

13Ngokuba kalokhu ngakube ngilele, ngithule; khona ngakube ngilele ubuthongo nginokuphumula

14kanye namakhosi nabeluleki bomhlaba abazakhela izinqaba zamathuna,

15noma kanye nezikhulu ezinegolide ezazigcwalisa izindlu zazo ngesiliva,

16noma ngangingekho njengokuphuphumileyo okuthukusiweyo, njengezingane ezingazange zibone ukukhanya.

17 Lapho amashinga ayekile ukudlova; lapho baphumule abaphelile amandla.

18Lapho iziboshwa ziyatabhaya kanyekanye; azizwa izwi labazicindezelayo.

19Lapho nabancane nabakhulu bayafanana; isigqila sikhululekile enkosini yaso.

20 Odiniweyo unikelwani ukukhanya nabanomunyu emphefumulweni ukuphila;

21 abalinda ukufa kungafiki, abakumba kunengcebo;

22abathokoza baze bethabe, bajabule, uma belithola ithuna,

23 nomuntu ondlela yakhe isithekile, uNkulunkulu ambiyeleyo nxazonke zakhe, na?

24 Ukugqquma kwami kufika phambi kwesinkwa sami, nokububula kwami kuthululwa njengamanzi,

25ngokuba engikwesabayo sekuyangifikela, nenginovalo ngakho sekuyangehlela.

26Anginakuthula, angizolile, anginakuphumula; kepha ukuyaluza kuyafika.

## UJobe 4

**Inkulumo yokuqala ka-Elifazi; uNkulunkulu ulungile; akakho olungile phambi kukaNkulunkulu**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1Wayesethatha u-Elifazi, umThemani, wathi:

2 Uma kulingwa ukukhulunywa kuwe, uyakukhathazeka na? Kepha ngubani
ongazibamba, angakhulumi, na?

3Bheka, uqondisile abaningi; uqinisile izandla ezibuthakathaka.

4Amazwi akho amisile okhubekayo; usimamisile amadolo athuthumelayo.

5 Kepha sekufikile kuwe, uyakhathazeka; kuyakuthinta wena, uyashaywa
luvalo.

6Ukumesaba kwakho uNkulunkulu akusilo ithemba lakho yini, nokuphelela
kwezindlela zakho akusiso isisekelo sakho na?

7Ake ukhumbule ukuthi ngubani owake wachithwa engenacala na?
Babhujiswaphi abalungileyo na?

8 Njengokubona kwami abalima okubi bahlwanyele ukona, bayakuvuna.

9 Babhubha ngokuphephetha kukaNkulunkulu; ngomoya wentukuthelo yakhe
bayaphela.

10Ukubhonga kwengonyama nezwi lebhubesi kuyaphela, namazinyo
amabhongo ayaphuka.

11Ibhubesi elinamandla liyabhubha ngokuswela impango; amawundlu
ebhubesikazi ayahlakazeka.

12 Kwanyenyiselwa kimi izwi, indlebe yami yabamba ukunyenyezwa kwalo.

13Ngokudlala kwemicabango ivuswe yimibono yasebusuku, lapho abantu
sebehlelwe ngubuthongo obunzima,

14ngafikelwa yingebhe nokuthuthumela okwaqhaqhazelisa onke amathambo
ami.

15Kwadlula umoya ebusweni bami; uboya bomzimba wami bavuka.

16Kwema okuthile, kepha angaqonda ukubonakala kwakho; isimo sasiphambi
kwamehlo ami; kwathula; ngase ngizwa izwi, lathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Umuntu ulungile kunoNkulunkulu na? Umuntukazana uhlambulukile
kunoMenzi na?

18Bheka, nasezincekwini zakhe akethembi, nezingelosi zakhe uyazibeka icala;

19 kakhulu kangakanani abahlezi ezindlini zodaka, abazisekelo zabo
zisothulini, abachotshozwa njengenundu.

20Bagxotshwa kusukela ekuseni kuze kube kusihlwa; babhubha kuze kube
phakade benganakwa muntu.

21Intambo yetende labo ayisishulwa yini phakathi kwabo, bafe bengazelele,
na?

## UJobe 5

### Inkulumo yokuqala ka-Elifazi isaqhubeka: ukubhubha koyisiwula; ukuphakanyiswa kolungileyo

1 Ake umemeze; ukhona okuphendulayo na? Uyakuphendukela kumuphi
kwabangcwele na?

2Ngokuba isiwula siyabulawa ngukukhathazeka, nomhawu uyachitha
oyisiphukuphuku.

3 Mina ngibonile isiwula sigxilile, kepha ngaqalekisa indlu yaso
ngokuzumayo.

4Abantwana baso bakude nokusindiswa, bachotshozwa esangweni; akakho
obophulayo,

5abakuvuna kwabo kudliwa ngabalambileyo, bakukhipha nasemeveni;
abanxanelayo basezela impahla yabo.

6Ngokuba usizi aluveli othulini, nokuhlupheka akuphumi emhlabathini,

7ngokuba umuntu uzalelwa ukuhlupheka, njengokuba izinhlansi ziqhashela
phezulu.

8 Kodwa mina bengiyakumfuna uNkulunkulu; kuNkulunkulu bengiyakubeka
indaba yami,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 yena owenza izinto ezinkulu ezingaphenyekiyo, izimangaliso
ezingenakubalwa,

10yena onisa imvula emhlabeni, athume amanzi ebusweni bamasimu,

11 ukuze aphakamise abayizimpofana nabadabukileyo baphakanyiselwe
ukusindiswa.

12 Uyachitha amacebo abanobuqili, ukuze izandla zabo zingabi nakufeza
umgomo wabo.

13 Uyabamba abahlakaniphileyo ebuqilini babo; isiluleko soyisigwegwe
siyachithwa ngokuphuthuma.

14 Emini bahlangana nobumnyama, baphumputha emini njengasebusuku.

15Uyasindisa enkembeni yemilomo yabo, yebo, abampofu esandleni
sonamandla.

16 Ompofu usenethemba; ububi buvala umlomo wabo.

17 Bheka, ubusisiwe lowo muntu uNkulunkulu amlayayo; ngalokho ungadeleli
ukukhuzwa nguSomandla.

18 Ngokuba uma ezwisa ubuhlungu, ubuye abophe; uyalimaza, kepha izandla
zakhe zibuye zelaphe.

19 Uyakophula ezinhluphekweni eziyisithupha; yebo, nakweziyisikhombisa
awuyikuthintwa ngokubi.

20 Endlaleni uyakukuhlenga ekufeni nasempini emandleni enkemba.

21Uyakufihlwa enkalivasini yolimi; awuyikwesaba lapho kufika ukuchitha.

22Uyakuhleka incithakalo nendlala, nezilo zomhlaba awuyikuzesaba.

23 Ngokuba unesivumelwano namatshe asendle; izilo zasendle zihlalisana
kahle nawe.

24Uyakwazi ukuthi itende lakho linokuthula; uyakuhambela indlu yakho,
awuyikusilalelwa lutho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Uyakwazi ukuthi inzalo yakho iyakuba nkulu, abantwana bakho babe njengotshani bomhlaba.

26Uyakufika ethuneni usuthi ngobudala njengeqhinqa lamabele ngesikhathi salo.

27Bheka, lokho sikuphenyile; kunjalo; kuzwe, uzazele khona.

## UJobe 6

### UJobe uphendula inkulumo yokuqala ka-Elifazi: ukusinda kwenhlupheko kaJobe; ubulukhuni babangane bakhe

1Wayesephendula uJobe ethi:

2 Sengathi ukuncokolozwa kwami ngabe kulinganiswe nokulinganiswa, inhlupheko yami ibekwe esilinganisweni kanyekanye.

3Ngokuba manje iyasinda kunesihlabathi solwandle; ngalokho amazwi ami ayengukubheda.

4 Ngokuba imicibisholo kaSomandla ikimi; isihlungu sayo siphuzwa ngumoya wami; izesabiso zikaNkulunkulu ziyangehlela.

5Imbongolo yasendle iyakhala yini inotshani na? Inkabi iyakhonya isekudleni kwayo na?

6Okudumayo kungadliwa ngaphandle kukasawoti na? Kukhona ukuklwabusa kokumhlophe kweqanda na?

7Umphefumulo wami uyala ukukuthinta, kungukudla okunengekayo kimi.

8 Sengathi isicelo sami singenziwa, uNkulunkulu angiphe lokhu engikubhekayo.

9Yebo, sengathi uNkulunkulu angangichoboza, athukulule isandla sakhe, anginqume.

10Lokho ngakube kuhlale kube yinduduzo yami, yebo, ngabe ngijabule ebuhlungwini obungahawukeliyo ukuthi angigodlanga amazwi oNgcwele.

11Ayini amandla ami ukuba ngingaze ngethembe na? Ukuphela kwami kuyini ukuba ngingaze ngibekezele na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Pho, amandla ami angamandla amatshe yini? Inyama yami iyithusi na?

13Akusikho yini ukuthi alukho usizo kimi; ukusindiswa kususwa kimi.

14 Odangeleyo nga ehawukelwa ngumngane wakhe; kepha ukumesaba uSomandla kuyayekwa.

15 Abafowethu bambuluzile njengomfula, njengemithonjana yemifula eshayo,

16emnyama ngeqhwa, lapho ungqoqwane ezisitheza khona,

17kepha ngesikhathi sokufudumala inyamalale, ishe endaweni yayo, lapho libalele.

18Abahamba ngezindlela zayo bayaphambuka, benyukela oqwathuleni, babhubhe.

19Izihambi zakwaThema zabheka; izindwendwe zakwaSheba zazihlalela.

20Zajabha, ngokuba zazibhekile; sezifike khona zadana.

21Ngokuba kalokhu seniyize nje; nibona okwesabisayo niyesaba.

22Ngasho yini ukuthi: Ngipheni, ninginike isipho empahleni yenu, na?

23noma: Ngikhululeni esandleni sesitha, ningihlenge esandleni sezidlova, na?

24 Ngifundiseni, khona ngiyakuthula mina, ningiqondise lapho ngiduke khona.

25 Ukukhuluma okuqotho kunamandla, kepha ukusolwa nokusolwa yinina kusizani na?

26Nicabanga yini ukusola amazwi, lokhu ukukhuluma kophelelwa ithemba kungumoya nje na?

27Yebo, nenza inkatho ngentandane, nithengisa ngomngane wenu.

28Manje, qalani ukungibuka; kuyakuba sobala, uma ngiqamba amanga.

29Ake niphenduke, kungabikho ukungalungi, nibuye niphenduke; indaba yami ilungile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30Kukhona ukungalungi olimini lwami yini, ulwanga lwami alunakuqonda okubi na?

## UJobe 7

### UJobe ukhala kuNkulunkulu ngobunzima bokuhamba komuntu

1 Umuntu akasempini yini emhlabeni, imihla yakhe ayinjengemihla yomqashwa na?

2Njengenceku ekhefuzelela ithunzi, nanjengomqashwa obheka umvuzo wakhe,

3kanjalo ngithole ifa lezinyanga zokubi; ngimiselwe ubusuku bezinhlupheko.

4Lapho ngilala phansi, ngisho ngithi: Ngingavuka nini, ngokuba ubusuku bude; ngigcwele ukubinyabinyeka kuze kuse.

5Inyama yami yembesiwe izimpethu namagade othuli; isikhumba sami siyaphola, sibuye sibhicike.

6 Imihla yami iyashesha kunesaluko, iphela ingenathemba.

7 Khumbula ukuthi ukuphila kwami kungumoya; iso lami aliyikubuye libone okuhle.

8Iso longibonayo alisayikungibuka; amehlo akho esekimi, angisekho.

9Ifu liphela lihamba; kanjalo owehlele endaweni yabafileyo akasayikukhuphuka.

10 Kasayikubuyela endlini yakhe; indawo yakhe ayisayikumazi.

11 Ngalokho nami angiyikubamba umlomo wami; ngiyakukhuluma osizini lomoya wami, ngikhale ngomunyu womphefumulo wami.

12Ngilulwandle yini, ngingumkhomo yini, ukuze ungibekele abalindi?

13Lapho ngithi umbhede wami uyakungiduduza, ukhukho lwami lungithwalise ukukhala kwami,

14uyangesabisa ngamaphupho, ungethusa ngemibono,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15ukuze umphefumulo wami ukhethe ukuklinywa nokufa kunalawa mathambo ami.

16Ngiyanengwa yiwo; mangingahlali njalo; ngiyeke, ngokuba imihla yami iyize.

17 Uyini umuntu ukuba umkhulise, nokuba ubeke inhliziyo yakho kuye,

18nokuba umhambele ekuseni njalo, umhlole njalonjalo, na?

19Koze kube nini uyeka ukungibheka na? Ngiyeke, ngize ngiminze amathe ami.

20Noma ngonile, ngenzeni kuwe mlindi wabantu na? Ungimiseleni ngibe yisigcibisholo sakho, ngize ngibe ngumthwalo nakimi, na?

21Awuthetheleli ngani isiphambeko sami, ususe isono sami, na? Ngokuba manje ngiyakulala phansi othulini; uyakungifunisisa, kepha angiyikubakho.

## UJobe 8

### Inkulumo yokuqala kaBilidadi: isandla sikaNkulunkulu sishaya ababi; abalungileyo bayasindiswa

1Wayesethatha uBilidadi umShuhi, wathi:

2 Koze kube nini ukhuluma lezi zinto, amazwi akho abe ngumoya onamandla, na?

3 UNkulunkulu uhlanekezela ukwahlulela yini? USomandla uphendukezela ukulunga na?

4Uma abantwana bakho bonile kuye, yena wabanikela emandleni ezono zabo,

5khona, uma wena ufunisisa uNkulunkulu, unxuse kuye uSomandla,

6uma uhlambulukile, futhi ulungile, khona yena uyakuvuka ngenxa yakho, aphumelelise ikhaya lokulunga kwakho.

7Ukuqala kwakho sekuyakuba ngokuncane, nokugcina kwakho kube ngokukhulu kakhulu.

8Ake ubuze ezizukulwaneni zakuqala, uzibhekise lokho abakuphenyileyo oyise bazo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 ngokuba thina singabezolo nje, asinalwazi, lokhu imihla yethu emhlabeni
iyithunzi;

10bona abayikukufundisa yini, bakutshele, bakhiphe amazwi ezinhliziyweni
zabo, na?

11Umhlanga ungahluma lapho kungekho xhaphozi na? Incema ingamila
kungekho manzi na?

12Uma iseluhlaza, ingakakhiwa, iyabuna phambi kwabo bonke utshani.

13 Zinjalo izindlela zabo bonke abakhohlwa uNkulunkulu: ithemba
longenaNkulunkulu liyakuchitheka;

14ithemba lakhe liyakunqunywa, nesisekelo sakhe siyindlu yolwembu.

15 Uyakwencika endlini yakhe, kepha ayiyikuma; uyakubambelela kuyo,
kepha ayiyikuqina.

16Yena uluhlaza phambi kwelanga; imixhantela yakhe iyaxhantela ensimini
yakhe.

17Izimpande zakhe ziyathandela enqwabeni yamatshe, aqhekeze indawo
yamatshe.

18Uma echithwa endaweni yakhe, iyakumala ngokuthi: Angizange ngikubone.

19Bheka, injalo indlela yokuthokoza kwakhe; kuyakuvela abanye othulini.

20 UNkulunkulu akamlahli opheleleyo, kabambi isandla sababi,

21 aze agcwalise umlomo wakho ngokuhleka, nezindebe zakho
ngokumemeza.

22Abakuzondayo bayakwembeswa amahloni; itende lababi aliyobe lisabakho.

## UJobe 9

### UJobe uphendula inkulumo yokuqala kaBilidadi: uyahlushwa kungekho sizathu

1Wayesephendula uJobe ethi:

2 Ngeqiniso ngiyazi ukuthi kunjalo, kepha umuntu angaba elungile phambi
kukaNkulunkulu na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Uma efuna ukuthetha amacala naye, angemphendule nakwelilodwa
kwayinkulungwane.

4Ehlakaniphile enhliziyweni, eqinile emandleni, ngubani oziqinisele kuye,
waphumelela,

5yena ogudluza izintaba ngokungazeleli, ezigumbuqela ngentukuthelo yakhe;

6ozamazamisa umhlaba usuke endaweni yawo, kuthuthumele izinsika zawo;

7oyala ilanga lingaphumi, avalele izinkanyezi;

8 oweneka izulu yedwa, ahambe emazeni olwandle;

9 owenza iBhere, neMpambano, nesiLimela, namaKamelo aseningizimu;

10 owenza izinto ezinkulu ezingenakuhlolwa, yebo, izimangaliso
ezingenakubalwa.

11Bheka, uyangidlula, ngingaboni; uyagudla, ngingezwa.

12Bheka, uyabamba; ngubani ongamkhalima na? Ngubani ongasho kuye
ukuthi: Wenzani na?

13 UNkulunkulu akayikubuyisa intukuthelo yakhe; phansi kwakhe
bayakhothama abasizi bakaRahabi.

14Pho, mina ngingamphendula ngithini, ngikhethe amazwi ami aqondene
naye, na?

15Noma bengilungile, bengingenakumphendula, kepha nginxuse umahluleli
wami.

16Uma bengimbizile abesengiphendula, bengingayikukholwa nokho ukuthi
ubekile indlebe ezwini lami.

17Uyangilimaza ngesiphepho; uyandisa amanxeba ami ngeze.

18Kavumi ukuba ngiphefumule, kepha uyangigcwalisa ngomunyu.

19Uma kuyindaba yamandla, nangu onawo; uma yindaba yokwahlulela,
ngubani ongimemayo na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Noma ngilungile, umlomo wami uyakungilahla; noma ngingenacala,
uyakuthi ngonakele.

[21]Anginasici; anginakekeli umphefumulo wami; anginanzi ukuphila kwami.

[22] Ukuphela kunye nje; ngalokho ngithi: Uyaqeda ongenasici kanye nomubi.

[23]Uma isiswebhu sibulala ngokuzumayo, uyahleka ingozi yabangenacala.

[24]Umhlaba unikezwe esandleni sababi; uyasibekela ubuso babahluleli bawo;
uma kungesiye, pho, ngubani na?

[25] Imihla yami iyashesha kunesigijimi; iyabaleka ingabonanga okuhle.

[26]Itshuza njengomkhunjana womhlanga, njengokhozi olutheleka
empangweni.

[27]Noma ngithi ngiyakukhohlwa ukukhala kwami, ngiyeke ukunyukubala
kwami, ngincibilike,

[28]ngiyesaba nokho bonke ubuhlungu bami, ngiyazi ukuthi awuyikungibheka
nginjengongenacala.

[29]Ngiyakulahlwa mina; ngikhandlekelani ize na?

[30] Noma ngizigeza ngamanzi eqhwa, ngihlambe izandla zami ngensipho,

[31]uyakungicwilisa nokho emgodini, izingubo zami zinengwe yimi.

[32] Ngokuba akasiye umuntu onjengami ukuba ngingase ngimphendule, siye
kanyekanye ekwahlulelweni.

[33]Akukho mnqamulajuqu phakathi kwethu ongabeka isandla sakhe phezu
kwethu sobabili.

[34] Makayisuse induku yakhe kimi; ingebhe ngaye mayingangesabisi.

[35]Khona ngiyakukhuluma, ngingamesabi, ngokuba anginjalo ngokwami.

## UJobe 10

### UJobe ukhala ngokuphathwa kwakhe kalukhuni

[1] Umphefumulo wami ukhathele ukuhamba kwami; ngiyazinikela ekukhaleni,
ngikhulume ngomunyu womphefumulo wami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Ngiyakusho kuNkulunkulu ukuthi: Ungangilahli; ngazise ukuthi uphikisanelani nami na?

3Kuhle yini kuwe ukuba ucindezele, ulahle umsebenzi wezandla zakho, ukhanye phezu kwamasu ababi, na?

4 Amehlo enyama unawo na? Uyabona njengabantu na?

5Imihla yakho injengemihla yomuntu na? Neminyaka yakho injengezinsuku zabantu na?

6lokhu ufuna ukona kimi, ufunisisa isono sami,

7noma ukwazi ukuthi angimubi nokuthi akakho ongophula esandleni sakho.

8 Izandla zakho zingibumbile, zangenza ngokupheleleyo nxazonke; nokho uyangichitha.

9 Ake ukhumbule ukuthi ungenzile njengebumba; pho, uyakungibuyisela othulini na?

10Awungithululanga njengobisi, wangijiyisa njengoshizi, na?

11Awungembathisanga isikhumba nenyama, wangiphica ngamathambo nangemisipha, na?

12 Ungenzele ukuphila nomusa; ukungihambela kwakho kulondile umoya wami.

13Kepha ufihlile enhliziyweni yakho lokhu; ngiyazi ukuthi lokhu kukuwe kokuthi:

14Uma ngona, uyangiqaphela; awuyikuthethelela ukona kwami.

15Uma nginecala, maye kimi! Noma bengilungile, bengingayikuphakamisa ikhanda lami, lokhu ngisuthi ngehlazo, ngibona ukuhlupheka kwami.

16 Nokuba bengiziphakamisa, ubuyakungizingela njengengonyama, ubuye uzenze omangalisayo kimi.

17Ubuyakuletha kimi ofakazi abasha, wandise intukuthelo yakho kimi, amabandla ngamabandla angisukele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Ungikhipheleni esizalweni na? Ngangiyakugqibuka lingakangiboni iso,

19ngibe njengokungathi ngingekho, ngiyiswe ethuneni ngisaphuma esiswini.

20 Imihla yami ayiyingcosana na? Makapheze, angiyeke ukuba ngithokoze kancane,

21ngingakayi lapho ngingasayikubuya khona, izwe lobumnyama nelomthunzi wokufa,

22izwe lobumnyama obunjengesigayegaye nelomthunzi wokufa nelesiphithiphithi, lapho ukukhanya kunjengobumnyama.

## UJobe 11

### Inkulumo yokuqala kaSofari: ngokungazi kwakhe uJobe akaqondi ukuhlakanipha kukaNkulunkulu. Ngalokho makaphenduke

1Wayesethatha uSofari waseNahama, wathi:

2 Awayikuphendulwa amazwi amaningi kangaka na? Umuntu oliphoshophosho angathethelelwa na?

3Ukugavuza kwakho kuthulisa abantu na? Nalapho ukloloda, akakho ongakuhlaza na?

4Ngokuba uthi: Ukufundisa kwami kulungile; ngimhlophe emehlweni akho.

5Sengathi uNkulunkulu angakhuluma, akuvulele izindebe zakhe,

6akwazise izimfihlakalo zokuhlakanipha, ngokuba ukuqonda kwakhe kuninginingi, uze wazi ukuthi uNkulunkulu, ukuba kube kuhle kuwe, wenza ukuba ikhohlakale inxenye yecala lakho.

7 Ungathola imfihlakalo kaNkulunkulu na? Ungamfumana uSomandla kuze kube sekupheleleni kwakhe na?

8 Kuphakeme njengezulu -- ungenzani na? Kujulile kunendawo yabafileyo -- ungazini na?

9Isilinganiso sakho side kunomhlaba, sibanzi kunolwandle.

10 Uma edlula, avalele, abizele ekwahluleleni, ngubani ongamkhalima na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Ngokuba uyabazi abantu ababi; lapho ebona ukona, akayikukunaka na?

12Umuntu oyize uyakuba nengqondo, nxa ithole lembongolo yasendle lizalwa libe ngumuntu.

13 Uma ulungisa inhliziyo yakho, welulele izandla zakho kuye;

14uma udedisele kude ukona okusesandleni sakho, ungahlalisi ububi ematendeni akho,

15khona uyakuphakamisa ubuso bakho ungenamahloni, uqine, ungesabi.

16Ngokuba uyakukhohlwa ukuhlupheka kwakho, ukukhumbule kunjengamanzi adlulileyo.

17 Ukuphila kwakho kuyakusa kunemini; noma kuhlwa, kuyakuba njengokusa nje.

18Uyakuba nokwethemba, ngokuba ithemba likhona; uyakuphendla, ulale ngokulondeka.

19 Uyakulala, ungethuswa muntu; abaningi bayakuzincengela kuwe.

20 Kepha amehlo ababi ayakufiphala; abayikuba nandawo yokuphephela; ithemba labo liyakuba ngukuphuma komphefumulo.

## UJobe 12

### UJobe uphendula inkulumo yokuqala kaSofari: phambi kukaSomandla, amandla nokuhlakanipha komuntu, akulutho

1Wayesephendula uJobe, wathi:

2 Impela yinina eningabantu; ukuhlakanipha kuyakufa nani.

3 Kodwa nami nginengqondo njengani, angahlulwa yinina; ngubani ongazazi izinto ezinje na?

4Ngiyisigcono somngane wami, ngowambiza uNkulunkulu, waphendula; olungileyo nongenasici uyisigcono.

5Emcabangweni wohlezi kahle ingozi iyadeleleka; kulungiselwe abazinyawo zabo zishelela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

6 Amatende abacindezelayo anokuthula; abathukuthelisayo uNkulunkulu bayalondeka, abaletha unkulunkulu wabo ngezandla zabo.

7 Kepha mawubuze izinkomo, ziyakukufundisa, nezinyoni zezulu, ziyakukutshela.

8 Khuluma kuwo umhlaba, uyakukufundisa, nezinhlanzi zolwandle ziyakukulandisa.

9 Ngubani ongaziyo ngakho konke lokho ukuthi isandla sikaJehova sikwenzile lokho na?

10 Esandleni sakhe ukhona umphefumulo wakho konke okuphilayo, nomoya wenyama yabantu bonke.

11 Indlebe ayivivinyi yini amazwi, njengolwanga lunambitha ukudla, na?

12 Ezimpungeni kukhona ukuhlakanipha, nasebudeni bezinsuku ukuqonda.

13 Kuyena kukhona ukuhlakanipha namandla; unesu nokuqonda.

14 Bheka, uyadiliza, kungabe kusakhiwa; uyavalela umuntu, kungabe kusavulwa.

15 Bheka, uyavimba amanzi, ashe; uyawathumela agumbuqele umhlaba.

16 Kuye kukhona amandla nokusizwa; odukisiweyo nodukileyo bakuye.

17 Umukisa abaluleki bephangiwe; uyenza abahluleli babe yiziwula.

18 Uthukulula izibopho zamakhosi, awabophe ezinkalweni ngamaketanga.

19 Umukisa abapristi bephangiwe, aphenule abemiyo njalo.

20 Uyasusa ulimi lwabathembekileyo, aphuce amalunga ukuqonda.

21 Uthela izikhulu ngehlazo, akhumule imbonya yonamandla.

22 Uyambula izinto ezijulileyo ebumnyameni, akhiphele ekukhanyeni ithunzi lokufa.

23 Uyandisa izizwe, abesezibhubhisa; ukhulisa izizwe, abesezisusa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

24Uyamuka izinhloko zezizwe ezweni ingqondo yazo, azidukise ehlane elingenandlela.

25Ziyaphumputha ebumnyameni zingenakukhanya, uyazintengantengisa njengesidakwa.

## UJobe 13

### Inkulumo kaJobe isaqhubeka: uNkulunkulu uqobo lwakhe makasho ukuthi uJobe woneni

1 Bheka, iso lami libone konke; indlebe yami ikuzwile, yakuqonda.

2 Enikwaziyo ngiyakwazi nami; angahlulwa yinina.

3Kepha ngiyakukhuluma kuSomandla; ngifuna ukuphikisana noNkulunkulu.

4 Kepha ningabaqambimanga; niyizinyanga ezingelutho nonke.

5 Sengathi ningathula nokuthula, lokho kube ngukuhlakanipha kini.

6Ake nizwe ukuthetha kwami, niqaphele ukuzivikela kwezindebe zami.

7Niyakumkhulumela uNkulunkulu ngokubi, nimkhulumele ngenkohliso, na?

8Niyakubuvuma ubuso bakhe, nimmele uNkulunkulu, na?

9 Kuhle yini, lapho eniphendla? Njengalokhu umuntu ekhohliswa niyakumkhohlisa na?

10Uyakunisola nokunisola, uma nivuna ubuso ngasese.

11Ubukhulu bakhe abuyikunethusa, nengebhe ngaye inehlele, na?

12Izikhumbuzo zenu ziyizaga zomlotha; izivikelo zenu ziyizivikelo zebumba.

13 Thulani, ningiyeke ukuba ngikhulume, kungehlele noma yini.

14 Bengiyakuyithathelani inyama yami ngamazinyo ami, ngibeke ukuphila kwami esandleni sami, na?

15Bheka, uyakungibulala, anginathemba; nokho ngiyakuvikela izindlela zami ebusweni bakhe.

16 Lokhu kuyakuba yinsindiso yami ukuthi ongenaNkulunkulu akezi phambi kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

17Zwisisani amazwi ami, ukusho kwami kube sezindlebeni zenu.

18Bhekani-ke, sengilungisile ukwahlulelwa kwami; ngiyazi ukuthi ngiyakuthethwa mina.

19Ngubani oyakuphikisana nami na? Ngokuba lapho bengiyakuthula, ngigqabuke.

20Izinto ezimbili kuphela ungazenzi kimi, ngize ngingacasheli ubuso bakho:

21 masingasondeli kimi isandla sakho, ngingethuswa yingebhe ngawe.

22Khona mawubize, mina ngiyakuphendula, noma kukhulume mina, wena ungiphendule.

23Iziphambeko zami nezono zami zingakanani na? Ngazise izeqo zami nezono zami.

24 Usithelani ubuso bakho, ungishaye isitha, na?

25Uyakwethusa iqabunga eliphephethwayo, uxoshe amabibi awomileyo, na?

26 Ngokuba uloba okumunyu ngami, ungidlisa ifa lobubi bobusha bami;

27 ufaka izinyawo zami ezingongolweni, uqaphela zonke izindlela zami, uzidwebela umudwa ngasematheni ezinyawo zami,

28 noma nginyamalala njengokubolayo, njengengubo edliwe yizinundu.

## UJobe 14

### Inkulumo kaJobe isaqhubeka: ukhala ngokuhlupheka komuntu

1 Umuntu ozelwe ngowesifazane imihla yakhe mifushane, igcwele ukuyaluza.

2 Uyavela njengembali, abune; ubaleka njengethunzi, angemi.

3Konje uvulela onjalo amehlo akho, ungingenise ekwahluleweni nawe, na?

4 Ngubani ongaveza okuhlambulukileyo kukho okungcolileyo na? Kakho noyedwa.

5Uma imihla yakhe inqunyiwe, umumo wezinsuku zakhe ukuwe, ubekile umkhawulo wakhe, aze angadluli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 ungambheki, aphumule, ukuze athokoze ngosuku lwakhe njengomqashwa.

7 Ngokuba kukhona ithemba emthini: uma unqunywa, ungabuye uhlume,
nehlumela lawo aliyikuphela.

8Noma impande yawo iguga emhlabathini, nesiphunzi sawo sifela othulini,

9ngephunga lamanzi uyakuhluma, uveze izingatsha njengesithombo.

10Kepha umuntu ofileyo uphelile; umuntu ogqabukileyo uphi na?

11 Njengamanzi anyamalele elwandle, nomfula oshileyo ome,

12kanjalo umuntu ulala phansi, angabe esavuka; lize lingabikho izulu
abayikuvuka, bangaphaphanyiswa ebuthongweni babo.

13Sengathi ungangifihla endaweni yabafileyo, ungisithe kuze kudlule
intukuthelo yakho, unginqumele isikhathi, ungikhumbule.

14Uma umuntu efa, uyakubuye aphile na? Bengiyakulinda zonke izinsuku
zomshikashika wami, kuze kufike ukumuka kwami.

15Ubuyakubiza, mina ngiphendule; ubuyakulangazelela umsebenzi wezandla
zakho,

16yebo, khona ubuyakubala izinyathelo zami, ungaqapheli isono sami.

17Isiphambeko besiyakuvalelwa esikhwameni, besewusibekela ukona kwami.

18 Impela intaba iyawa, idilike; idwala liyasuswa endaweni yalo;

19amanzi ayagubha amatshe; ukuphuphuma kwawo kuyakhukhula uthuli
lomhlaba; kanjalo uyachitha nethemba lomuntu.

20Uyamsukela kuze kube phakade, amuke; uyaguqula ubuso bakhe,
ummukise.

21 Amadodana akhe ayadunyiswa, engazi yena; ayeyiswa, engakuqondi.

22Inyama yakhe iyezwa ubuhlungu bayo kuphela; umphefumulo wakhe
uzidabukela wona kuphela.

**UJobe 15**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Inkulumo yesibili ka-Elifazi: uJobe uyazigabisa; akakho olungileyo; ababi bayakujeziswa

1Wayesethatha u-Elifazi umThemani, wathi:

2 Ohlakaniphileyo uyakuphendula ngokwazi okungumoya nje, agcwalise isisu ngomoya wasempumalanga, na?

3Aphikisane ngamazwi angasizi lutho nangezinkulumo ezingenalusizo na?

4Yebo, uyachitha ukwesaba, unciphisa ukuzindla phambi kukaNkulunkulu.

5Ngokuba ububi bakho buyafundisa umlomo wakho; ukhetha ulimi lwabanobuqili.

6Ngumlomo wakho okulahlayo, akusimi; izindebe zakho ziyafakaza ngawe.

7 Ungumuntu wokuqala owazalwayo na? Wavela ngaphambi kwezintaba na?

8 Uzwile imfihlakalo kaNkulunkulu, wazigodlela wedwa ukuhlakanipha na?

9Wazini esingayazi thina na? Uqonda ntoni engekho kithina na?

10 Kithina kukhona izimpunga namakhehla amadala kunoyihlo.

11Zincane yini kuwe izinduduzo zikaNkulunkulu, nezwi elikhulunywa kahle kuwe na?

12Umukiselwani yinhliziyo yakho na? Kungani ukuba amehlo akho aphayizele,

13uphendulele kuNkulunkulu ukufutheka kwakho, ukhiphe amazwi emlonyeni wakho na?

14 Uyini umuntu ukuba abe ngohlambulukileyo, nozelwe ngowesifazane ukuba alungisiswe, na?

15 Bheka, nabangcwele bakhe akabethembi, nezulu alihlambulukile emehlweni akhe;

16kakhulu kangakanani onengekayo nowonakeleyo, umuntu ophuza ukona njengamanzi, na?

17 Ngiyakukwazisa, ungilalele; ngiyakukulandisa engikubonileyo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18lokho izihlakaniphi ezikubonakalisile, zikuthathe koyise, zingakufihlanga,

19zona ezaphiwa zodwa izwe, kungadabulanga kuzo umfokazi ngokuthi:

20 Umuntu omubi uyazibinya imihla yonke, umumo weminyaka othukuselwe isidlwangudlwangu.

21 Izwi lengebhe lisezindlebeni zakhe; lapho ehlezi kahle, uyakufikelwa ngumphangi.

22Akethembi ukuthi uyakubuya ebumnyameni; uyalindelwa yinkemba.

23 Uyazulazulela ukudla: kuphi na? Uyazi ukuthi usuku lobumnyama selungasesandleni sakhe.

24Ukuhlupheka nosizi kuyamethusa; kuyamahlula njengenkosi ezilungiselele impi,

25ngokuba waselulela isandla sakhe kuNkulunkulu, wazigabisa kuSomandla.

26Wamdumela ngentamo elukhuni, nangamaqhubu adumbileyo amahawu akhe,

27 ngokuba wasibekela ubuso bakhe ngamafutha akhe, wenza umvingqi okhalweni lwakhe.

28Wahlala emizini ebiyakuchithwa, nasezindlini ebezingahlalwa, ezaziyakuba ngamanxiwa nje.

29Akayikuceba, nemfuyo yakhe ayiyikuma, nokudla kwakhe akuyikukhothamela phansi.

30Akayikusuka ebumnyameni; ilangabi liyakushisa amagatsha akhe, amuke ngokuphefumula komlomo kaNkulunkulu.

31Makangethembi ezeni, ezikhohlisa, ngokuba ize liyakuba ngumvuzo wakhe.

32 Kuyakufezwa kungakabi yisikhathi, negatsha lakhe alisayikuba luhlaza.

33Uyakuvuthulula igwanya lakhe njengomvini, alahle imbali yakhe njengomnqumo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34Ngokuba ibandla labangenaNkulunkulu liyakuba yinyumba, umlilo uqede amatende abathengwa ngemivuzo.

35 Bakhulelwe ingozi, bazala ukona; isisu sabo silungisela inkohliso.

## UJobe 16

### UJobe uphendula inkulumo yesibili ka-Elifazi: uyahlupheka engenacala; ezulwini kukhona ufakazi

1Wayesephendula uJobe, wathi:

2 Ngizwile izinto eziningi ezinjalo; nina nonke ningabaduduzi ababi.

3Amazwi angumoya nje awayikuphela yini? Ucunulwa yintoni ukuba uphendule na?

4Nami ngingakhuluma njengani; uma imiphefumulo yenu ibisesikhundleni somphefumulo wami, bengiyakuhlanganisa amazwi ngani, ngininikinele ikhanda lami.

5Benginganiqinisa ngomlomo, induduzo yezindebe zami inidambise.

6 Noma ngikhuluma, ubuhlungu bami abudanjiswanga; noma ngiyeka, kuyini okumuka kimi na?

7Kepha manje ungikhathazile, uyichithile yonke indlu yami.

8Ungicindezele, kungubufakazi; ukonda kwami kuyangivukela, kufakaze ebusweni bami.

9Ulaka lwakhe luyangidwengula, lungizingele; uyangigedlela amazinyo; isitha sami singicijisela amehlo aso.

10 Bangikhamisela imilomo yabo, bangimukula esihlathini ngenhlamba, bangihlanganyela.

11UNkulunkulu uyanginikela kubantu abonakeleyo, angiphonse esandleni sababi.

12 Ngangihlezi kahle, wangichoboza; wangibamba ngentamo, wangiphahlaza; wangimisa ngibe yisigcibisholo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Abacibishelayo bakhe bangihaqa; uyaqhekeza izinso zami engenasihawu; uchithela inyongo yami emhlabathini.

14Uyangidiliza nokudiliza futhifuthi, angidumele njengeqhawe.

15 Ngithungile indwangu yamasaka phezu kwesikhumba sami. ngingcolisile uphondo lwami othulini.

16Ubuso bami bubomvu ngokukhala; ezinkosheni zami kukhona ithunzi lokufa,

17 noma kungekho ubudlova ezandleni zami nokukhuleka kwami kulungile.

18Mhlaba, ungathukusi igazi lami; ukukhala kwami makungabi nandawo.

19Namanje bheka, ufakazi wami usezulwini; ummeli wami usezindaweni eziphakemeyo.

20Abangane bami bayangiklolodela; iso lami liphophoza izinyembezi kuNkulunkulu

21ukuba amphikele umuntu kuNkulunkulu nendodana yomuntu kumakhelwane wayo.

22Ngokuba iyingcosana iminyaka eyakubalwa, ngingakahambi indlela engingayikubuya kuyo.

## UJobe 17

### Ukuphela kwenkulumo kaJobe: ucela ukumelwa nguNkulunkulu; ulindela ukufa

1 Umoya wami usuchithekile, imihla yami iyacimeka; okwami sekuyithuna nje.

2Impela kukhona abangiklolodelayo, iso lami lisekucunuleni kwabo.

3 Ake unginike isibambiso, ungimele; ngubani oyakuxhawulana nami na?

4Ngokuba uvalile izinhliziyo zabo zingaqondi; ngalokho awuyikubaphakamisa.

5Ochaka abangane bakhe ngenxa yesabelo, amehlo abantwana bakhe ayakufiphala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[6] Ungibeke isaga sabantu, ngibe ngokhafulelwa ebusweni.

[7]Iso lami lifiphele ngosizi; onke amalungu ami anjengethunzi.

[8]Abaqotho bayethuswa yilokho; ongenacala uyavukela ongenaNkulunkulu.

[9]Kepha olungileyo ubambelela endleleni yakhe; onezandla ezihlanzekileyo ude eqina njalo.

[10]Nokho buyani nonke phela, nize; kodwa angiyikuthola phakathi kwenu ohlakaniphileyo.

[11]Imihla yami isidlulile, amasu ami anqunyiwe kanye nemicabango yami yenhliziyo.

[12]Ubusuku babenza imini, bathi: Ukukhanya kuseduze nobumnyama.

[13]Uma ngithemba ukuthi indawo yabafileyo iyindlu yami, ngendlalele ukhukho lwami ebumnyameni,

[14] ngibize ukubola ngokuthi ubaba nezimpethu ngokuthi umame nodadewethu,

[15]liphi, pho, ithemba lami na? Yebo, ithemba lami, ngubani oyakulibona na?

[16]Liyakwehlela emigoqweni yendawo yabafileyo, lapho kuyakuba khona ukuphumula othulini kanyekanye.

## UJobe 18

### Inkulumo yesibili kaBilidadi: ongenaNkulunkulu uyachithwa impela

[1]Wayesethatha uBilidadi umShuhi, wathi:

[2] Koze kube nini nibekela amazwi ami izingibe na? Qondani, andukuba sikhulume.

[3]Kungani ukuba sithiwe siyizilwane, singcolile emehlweni enu, na?

[4]Wena ozidwengula olakeni lwakho, umhlaba uyakushiywa ngenxa yakho, nedwala lisuswe endaweni yalo, na?

[5] Yebo, nokukhanya komubi kuyakucimeka, nelangabi lomlilo wakhe aliyikukhanya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Ukukhanya kuyakufiphala etendeni lakhe, nesibani sakhe phezu kwakhe siyakucimeka.

7Izinyathelo zakhe ezinamandla ziyakufinyezwa; amasu akhe ayamlahla phansi.

8Ngokuba uyaphonswa yizinyawo zakhe enetheni, uhamba phezu kweveku.

9Isicupho siyakumbamba ngesithende; ifolo liyakumbamba.

10Uthukuselwe inkintshela emhlabathini, nesihibe emgwaqweni.

11 Ingebhe iyakumethusa nxazonke; iyamzingela ezinyathelweni zakhe.

12Ububi buyakumlambela, ulungiselwe ingozi eceleni kwakhe.

13Amalungu omzimba wakhe ayakudliwa, yebo, ukufa okwesabekayo kuyakudla amalungu akhe.

14 Uyakuhlwithwa etendeni lakhe alethembayo, ayiswe enkosini yengebhe.

15Etendeni lakhe bayakuhlala abangesibo abakhe, kuvumvuzelwe isibabule ekhaya lakhe.

16Izimpande zakhe ziyakoma ngaphansi; phezulu kuyabuna amagatsha akhe.

17 Ukukhunjulwa kwakhe kuyakuphela emhlabeni, angabi negama ezweni.

18Uyakukhishwa ekukhanyeni, aqhutshelwe ebumnyameni, axoshwe ezweni.

19 Akayikuba nandodana namzukulwana phakathi kwabantu bakhe; akuyikuba khona lapho egogobala khona.

20Abasentshonalanga bayethuswa lusuku lwakhe, nabasempumalanga babanjwa ngukwesaba.

21Impela zinjalo izindlu zaboni; injalo indawo engamazi uNkulunkulu.

## UJobe 19

**UJobe uphendula inkulumo yesibili kaBilidadi: wenzelwe okubi lapho eshiyiwe yizihlobo zakhe; uyazi nokho ukuthi uMhlengi wakhe ukhona**

1Wayesephendula uJobe, wathi:

2 Koze kube nini nihlupha umphefumulo wami, ningiphohloze ngamazwi, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

3 Seningihlazisile kayishumi; aninamahloni okuthi ningiphathe kabi na?

4Uma impela ngidukile, ukuduka kwami kukimi ngedwa.

5Uma impela niyazikhukhumezela kimi, niphikisane nami ngehlazo lami,

6yazini-ke ukuthi uNkulunkulu ungihlanekezele, ungihaqe ngenetha.

7 Bheka, ngikhala ngithi: Ngubudlova! Kepha angiphendulwa; ngicela ukusizwa, kodwa akukho ukwahlulelwa.

8 Uvalile indlela yami ukuze ngingabi nakudlula; ubeka ubumnyama emikhondweni yami.

9Ungikhumulile udumo lwami; ususile umqhele ekhanda lami.

10Ungidilizile nxazonke, sengimukile; usiphulile ithemba lami njengomuthi.

11 Ungivuthisele intukuthelo yakhe, wangishaya njengezitha kuye.

12Amabutho akhe afika kanyekanye, alungise indlela ukuba angisukele; amisa nxazonke zetende lami.

13 Udedisile kimi abafowethu, nabazana nami sebahlukene impela nami.

14Izihlobo zami zingishiyile, nengazana nabo bangikhohliwe.

15Abagogobele endlini yami nezincekukazi zami bangishaya umfokazi; ngingowezizwe emehlweni abo.

16Ngibiza inceku yami, kayingiphenduli; ngiyayinxusa ngomlomo wami.

17Umoya wami mubi kumkami, ngiyanuka kubantwana besisu sikamame.

18 Yebo, nezingane ziyangidelela; uma ngivuka, zikhuluma ngami.

19 Ababeyizifuba zami bayanengwa yimi; labo ababengithanda sebengifulathele.

20 Amathambo ami anamathela esikhumbeni sami nasenyameni yami; ngisinde ngokulambisa kuphela.

21Ngihawukeleni, ngihawukeleni, nina bangane bami, ngokuba isandla sikaNkulunkulu singithintile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Ningizingelelani njengoNkulunkulu, ningasuthi ngenyama yami na?

23 Sengathi amazwi ami angalotshwa! Sengathi angabhalwa encwadini,

24aqoshwe edwaleni ngepeni lensimbi nangomthofu, kuze kube phakade!

25 Kepha mina ngiyazi ukuthi uMhlengi wami ukhona; ekupheleni uyakuma othulini.

26 Nalapho sesishabalele isikhumba sami, ngiyakumbuka uNkulunkulu ngikhululekile enyameni yami,

27 engiyakumbona uqobo lwami; amehlo ami ayakumbona, kungabi njengomfokazi; okuphakathi kwami kuyaphela esifubeni sami.

28Uma nithi: Siyakumxosha yini pho! njengokuba impande yendaba ifumaniseka kimi,

29 yesabani inkemba, ngokuba ulaka lungolwezono ezifanele inkemba, ukuze nazi ukuthi ukwahlulelwa kukhona.

## UJobe 20

### Inkulumo yesibili kaSofari: injabulo yababi imfushane

1Wayesethatha uSofari umNahama, wathi:

2 Ngalokho imicabango yami iyangiphendula ngenxa yokushesha okuphakathi kwami.

3 Ngiyezwa insolo engihlazisayo, kepha umoya wasengqondweni yami uyangiphendula.

4 Awukwazi yini ukuba lokhu kungokwasendulo, selokhu abantu babekwa emhlabeni,

5ukuthi ukujabula kwababi kufushane, nokuthokoza kwabangenaNkulunkulu kungokokuphazima kweso nje, na?

6Noma ubukhulu bakhe bukhuphukela ezulwini, nekhanda lakhe lifinyelela emafwini,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7uyakubhubha kuze kube phakade njengamasimba akhe; abambonayo
bayakuthi: Uphi na?

8 Uyakundiza njengephupho, angabe esafunyanwa; uyakuxoshwa
njengombono wasebusuku.

9 Iso elalimgqolozela alisamboni, nendawo yakhe ayisamboni.

10Abantwana bakhe bayakuzincengela kwabampofu, izandla zakhe zibuyise
impahla yakhe.

11Amathambo akhe agcwele ubusha, kepha buyakulala phansi kanye naye
othulini.

12 Noma ububi bumnandi emlonyeni wakhe, noma ebufihla phansi kolimi
lwakhe,

13noma ebugodla engabushiyi, kepha ebugcina emlonyeni wakhe,

14kuyaguquka nokho ukudla kwakhe phakathi kwakhe, kube yinyongo
yamabululu ezibilinini zakhe.

15Ugwinyile ingcebo; uyakubuye ayihlanze; uNkulunkulu uyakuyikhipha
esiswini sakhe.

16Uyakumunca isihlungu samabululu; ulimi lwenyoka luyakumbulalala.

17Akayikubuka imifula, iminonjana nemifudlana yezinyosi namangqanga.

18 Lokho owakukhandlekelayo uyakukubuyisa, angakugwinyi; ngempahla
ayitholileyo akayikujabula.

19 Ngokuba ucindezele, washiya abampofu; uhlwithile indlu, angabuye
ayakhe.

20 Ngokuba wayengazi ukuthula esiswini sakhe; kayikuphepha nalutho
kulokho akufisayo.

21Akusalanga lutho angaludlanga; ngalokho inhlanhla yakhe ayiyikuma.

22Ekusutheni kokuvama kwakhe uyaminywa; izandla zakho konke
ukuhlupheka ziyakumfikela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Kuyakuthi lapho eyakugcwalisa isisu sakhe, uNkulunkulu aphonse kuye ukuvutha kwentukuthelo yakhe, akunise phezu kwakhe esekudleni.

24 Uyabalekela isikhali sensimbi, kepha ubhotshozwa ngumnsalo wethusi.

25 Uyawukhipha uphume emzimbeni wakhe; nxa uphuma unyampuza enyongweni, abesehlelwa yingebhe.

26 Ubumnyama bonke bubekelelwe ingcebo yakhe; umlilo ongavuthelwanga uyakuyidla, uchithe okusele etendeni lakhe.

27 Izulu liyakwambula ububi bakhe, umhlaba umvukele.

28 Imfuyo yendlu yakhe iyakumuka, inyamalale ngomuhla wentukuthelo.

29 Lesi siyisabelo somuntu omubi esivela kuNkulunkulu, nefa alinqunyelweyo nguNkulunkulu.

## UJobe 21

### UJobe uyaphendula inkulumo yesibili kaSofari: ukuhlupheka akubehleli ababi kuphela

1 Wayesephendula uJobe, wathi:

2 Yizwani nokuzwa amazwi ami; lokhu makube yinduduzo evela kini.

3 Ngivumeleni ukuba nami ngikhulume; nalapho sengikhulumile, klolodani.

4 Mina-ke, ukukhala kwami kungomuntu na? Ngingekhathazeke na?

5 Ngibukeni, nimangale, nibeke izandla emilonyeni yenu.

6 Lapho ngikhumbula nje, ngishaywa luvalo; ukwesaba kubamba inyama yami.

7 Ababi baphilelani, baze babe badala, yebo, bakhule emandleni, na?

8 Inzalo yabo iyema phambi kwabo kanye nabo, nabantwana babo phambi kwamehlo abo.

9 Izindlu zabo zinokuthula, azinangebhe; uswazi lukaNkulunkulu aluphezu kwabo.

10 Inkunzi yabo iyakhwela, kayiphuthi; inkomo yabo iyazala, kayiphunzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Bakhipha izingane zabo njengomhlambi; abantwana babo bayagida.

12Bahlabelela ngesigubhu nangehabhu, bathokoza ngezwi lomtshingo.

13 Baqeda imihla yabo ngokuhle, behlela endaweni yabafileyo ngokuthula.

14 Nokho bathi kuNkulunkulu: Suka kithi, asifuni ukwazi izindlela zakho.

15 USomandla uyini ukuba simkhonze na? Siyakuzuzani, uma sikhuleka kuye, na?

16 Bhekani, inhlanhla yabo ayisesandleni sabo; icebo lababi malibe kude nami.

17 Kukangaki isibani sababi sicimeka, nengozi ibehlela, babelwe izabelo ngentukuthelo, na?

18 Babeyakuba njengezibi phambi komoya, nanjengamakhoba aphephethwa yisiphepho.

19 UNkulunkulu ubekela abantwana babo ububi babo; yebo, kodwa makabuphindisele kubo uqobo ukuba babazi.

20 Awabo amehlo mawabone ukuchithwa kwabo, bona baphuze ukufutheka kukaSomandla.

21Banokujabula kuni endlini yabo emva kwabo, lapho umumo wezinyanga zabo usunqunyiwe, na?

22 UNkulunkulu uyakufundiswa ukwazi, yena owahlulela abaphakemeyo, na?

23 Omunye ufa esemi kahle kukho konke, ezinzile, enokuthula.

24Izinhlangothi zakhe zigcwele amafutha; umnkantsha wamathambo akhe umanzi.

25Omunye ufa enomphefumulo onomunyu, engazange adle okuhle.

26 Balala phansi othulini kanyekanye; izimpethu ziyabasibekela.

27Bhekani, ngiyazi imicabango yenu, namacebo enu eniyakungona ngawo.

28Nithi: Iphi indlu yezikhulu, liphi itende lokuhlala kwababi, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[29]Anibuzanga abadlula endleleni, nibazi ubufakazi babo

[30]bokuthi omubi ugodlelwa usuku lokubhujiswa nokuthi bayamukiswa ngosuku lwentukuthelo, na?

[31]Ngubani oyakumtshela indlela yakhe ebusweni bakhe? Ngubani oyakumphindisela ngalokho akwenzileyo na?

[32]Uyayiswa ethuneni, kulindwe elibeni.

[33]Amagabade asesigodini ayakuba mnandi kuye; bonke abantu bayakudonswa emva kwakhe, njengokuba bengenakubalwa nababe phambi kwakhe.

[34] Pho, ningiduduzelani ngeze, lokhu ezimpendulweni zenu kusele inkohliso nje, na?

## UJobe 22

### Inkulumo yesithathu ka-Elifazi: uJobe wonile: makaphendukele kuNkulunkulu

[1]Wayesethatha u-Elifazi umThemani, wathi:

[2] Umuntu angaba yinsizakalo kuNkulunkulu ukuba ohlakaniphileyo abe nosizo kuye na?

[3] Kuyintokozo yini kuSomandla, uma ulungile, kuyinzuzo kuye, uma wenza izindlela zakho ziphelele, na?

[4] Kungokumesaba kwakho akusolayo, angene nawe ekwahlulelweni, na?

[5]Ububi bakho abubukhulu yini? Izono zakho azinakuphela.

[6]Ngokuba uthathe ngeze izibambiso kumfowenu, wahlubula abampofu izingubo zabo.

[7]Awumphuzisanga owomileyo amanzi, wamgodlela olambileyo ukudla.

[8]Umuntu onamandla, izwe lingelakhe; onodumo uyahlala kulo.

[9]Umukisile abafelokazi bengenalutho; izingalo zezintandane zaphuliwe.

[10]Ngalokho izingibe ziyakuhaqa; uvalo oluzumayo luyakwethusa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Ukukhanya kwakho kuphenduke ubumnyama, ukuze ungaboni, nesikhukhula samanzi siyakusibekela.

12 UNkulunkulu akakho ekuphakameni kwezulu na? Bheka inhloko yezinkanyezi ukuthi iphakeme kangaka.

13 Uthi wena: UNkulunkulu wazini na? Angahlulela engale kwesigayegaye na?

14 Amafu ayamsibekela ukuze angaboni; uyahamba esiyingelezini sezulu.

15 Uyakugcina indlela yamandulo eyahanjwa yizoni na?

16 Yizo ezahlwitha kungakabi yisikhathi, ezisisekelo sazo sathululwa njengomfula,

17 nezathi kuNkulunkulu: Suka kithina, ngokuba uSomandla ubeyakwenzani kubo na?

18 Kepha nguye owayegcwalisa izindlu zabo ngokuhle. Amasu ababi akude nami.

19 Abalungileyo bayakukubona, bathokoze; abangenasici bayabaklododela ngokuthi:

20 Impela ababesivukela sebechithiwe, nabakushiyileyo umlilo ukuqedile.

21 Mawujwayelane naye, ube nokuthula; ngalokho okuhle kuyakufika kuwe.

22 Mawamukele umthetho emlonyeni wakhe, ubeke amazwi akhe enhliziyweni yakho.

23 Uma ubuyela kuSomandla, uyakwakhiwa, uma udedisa okubi kude etendeni lakho,

24 ubeke igolide lakho othulini, nelase-Ofiri phakathi kwamatshe eminonjana.

25 USomandla uyakuba yigugu lakho, nesiliva elikhazimulayo kuwe,

26 ngokuba lapho uyakuthokoza ngoSomandla, uphakamisele kuNkulunkulu ubuso bakho.

27 Uyakukhuleka kuye, akuzwe, wena ugcwalise izithembiso zakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28Uma unquma indaba, uyakuyenzelwa, ukukhanya kukhanye ezindleleni
zakho.

29 Uma zehla, uyakuthi: Phezulu! abesephakanyiswa ozithobileyo.

30 Abantu abangemsulwa uyakubakhulula nabo, bakhululwe ngobumhlophe
bezandla zakho.

## UJobe 23

### UJobe uphendula inkulumo yesithathu ka-Elifazi: ukhala ngokubeka indaba yakhe phambi kukaNkulunkulu

1Wayesephendula uJobe, wathi:

2 Nanamuhla ukukhala kwami kumunyu; isandla sami siyasinda ngokububula
kwami.

3Sengathi ngingazi ukuthi ngiyakumtholaphi, ngize ngifike endlini yakhe,

4ngilungise ukwahlulelwa kwami phambi kwakhe, ngigcwalise umlomo wami
ngezimpendulo.

5Bengiyakuwazi amazwi abeyakungiphendula ngawo, ngiqonde ukuthi
ubeyakuthini kimi.

6Ubeyakuphikisana nami ngamandla akhe amakhulu na? Cha,
ubeyakubhekisa kimi.

7Lapho olungileyo ubeyakuphikisana naye, mina ngikhululwe kumahluleli
wami kuze kube phakade.

8Kodwa bheka, ngiya empumalanga, kepha akakho, nasentshonalanga, kepha
angimboni,

9nangasenyakatho ekusebenzeni kwakhe, kepha akabonwa; ujikela
ngaseningizimu, kepha akabonakali.

10 Ngokuba uyayazi indlela yami; esengivivinyile, ngiyakuphuma
njengegolide.

11Unyawo lwami lunamathele ezinyathelweni zakhe; ngigcinile indlela yakhe,
angiphambukanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Angichezukanga emyalweni wezindebe zakhe; ngizibekele amazwi akhe kunezimiso zami.

13 Kodwa uyinto inye, ngubani ongambuyisa na? Okufisayo umphefumulo wakhe, lokho uyakwenza.

14Uyakufeza engikumiselweyo; izinto eziningi ezinjalo zikuye.

15Ngalokho ngishaywa luvalo ebusweni bakhe; lapho ngikuqaphela, ngiyamesaba.

16NguNkulunkulu odangalisileyo inhliziyo yami, uSomandla ungethusile,

17ngokuba anginqunywanga, bungakafiki ubumnyama; wangifihlela ukuhlwa.

## UJobe 24

### UJobe ukhala ukuthi abangenakuzivikela bayahlushwa

1 Kungani ukuba uSomandla angazibekeleli izikhathi zokwahlulela, abamaziyo babone imihla yakhe, na?

2 Imincele iyasuswa; bahlwitha imihlambi, bayiklabise.

3 Bamukisa imbongolo yezintandane, nenkomo yomfelokazi bayayithatha ibe yisibambiso.

4Bafuzula abaswelayo endleleni; abampofu bomhlaba bacasha ndawonye.

5Bheka, njengezimbongolo ehlane bayaphumela emisebenzini yabo befunisisa ukudla; ihlane lingukudla kwabo abakunika abantwana babo.

6Emasimini bavuna ifoliji; bakhothoza esivinini somubi.

7Ebusuku balala nqunu bengenangubo, bengenanto yokuzisibekela emakhazeni.

8Bamanzi ngezihlambi zasezintabeni; basingatha idwala bengenasiphephelo.

9Intandane ihlwithwa ebeleni, nengane yompofu ithathwa ibe yisibambiso,

10bahambe nqunu bengenangubo, bethwele izithungu, belambile.

11Benza amafutha phakathi kwezingange zabahluphi; banyathela izikhamo zewayini, kepha bayoma.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Bexoshwe emzini abafayo bayabubula; imiphefumulo yabalimeleyo iyakhala, kepha uNkulunkulu akanaki lokho okubi.

13 Bakhona abakuhlubukile ukukhanya; abazi indlela yakho, abanamatheli emikhondweni yakho.

14Umbulali uvuka ekuseni, abulale ompofu noswelayo; ebusuku unjengesela.

15Iso lesiphingi libheka ukuhlwa ngokuthi: Malingangiboni iso, sisithe ubuso baso.

16Bafohla izindlu sekumnyama; emini bayazivalela; ukukhanya abakwazi.

17Ngokuba ithunzi lokufa kubo bonke labo linjengokusa, lokhu beyazi ingebhe yethunzi lokufa.

18 Banejubane ebusweni bamanzi; izabelo zabo ziqalekisiwe emhlabeni; abasayikuphendukela endleleni yezivini.

19Ukoma nokushisa kuyaqeda amanzi eqhwa; kanjalo indawo yabafileyo labo abonileyo.

20Isizalo siyamkhohlwa; izimpethu ziyamsobozela; akasayikukhunjulwa; ukungalungi kuyaphulwa njengomuthi.

21Uyayidla inyumba engazaliyo; akenzeli umfelokazi okuhle.

22Uyadonsa namaqhawe ngamandla akhe; uyavuka; akakho osenethemba lokuphila.

23UNkulunkulu uyamnika ukuba alondeke, asekelwe; kepha amehlo akhe aphezu kwezindlela zabo.

24 Bayaphakanyiswa; emva kwesikhashana abasekho; bayaphela njengabanye, bafe; babuna njengezihloko zezikhwebu.

25 Uma kungenjalo, ngubani ongangenza onamanga, awenze ize amazwi ami, na?

## UJobe 25

**Inkulumo yesithathu kaBilidadi: akukho okuhlambulukile emehlweni kaNkulunkulu**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[1]Wayesethatha uBilidadi umShuhi, wathi:

[2] Ukubusa nokwesabeka kukuye owenza ukuthula ezindaweni zakhe eziphakemeyo.

[3] Ukhona yini ongabala izimpi zakhe, nokukhanya kwakhe akuphumeli bani na?

[4] Pho, umuntu angalunga kanjani kuNkulunkulu, nozelwe ngowesifazane angahlambuluka kanjani, na?

[5]Bheka, nenyanga ayinankazimulo, nezinkanyezi azihlambulukile emehlweni akhe.

[6] Pho, kakhulu kangakanani umuntu oyimpethu, nendodana yomuntu eyisibungu, na?

## UJobe 26

### UJobe uphendula inkulumo yesithathu kaBilidadi: uyabazi naye ubukhulu bukaNkulunkulu njengoBilidadi

[1]Wayesephendula uJobe, wathi:

[2] Usizile kanjani ongenamandla! Usindisile kanjani ingalo engenamandla?

[3]Umlulekile kanjani ongenakuhlakanipha! Umemezile kangakanani ukuqonda!

[4]Utshelwe ngubani lawo mazwi, nomoya kabani waphuma kuwe, na?

[5] Izithunzi ziyathuthumela phansi kwamanzi kanye nabakhelwane bawo.

[6] Indawo yabafileyo ize phambi kwakhe, nendawo yokubhubha ayinasisibekelo.

[7] Welula inyakatho phezu kwendawo engenalutho; uphanyeka umhlaba phezu kweze.

[8]Ubopha amanzi emafwini akhe; ifu alidabuki phansi kwawo.

[9]Uyasibekela ubuso besihlalo sakhe sobukhosi; uyeneka ifu lakhe phezu kwaso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Uyingiliza ngomudwa phezu kobuso bamanzi, kuze kuphele ukukhanya ebumnyameni.

11Izinsika zezulu ziyathuthumela; ziyethuswa ngokukhuza kwakhe.

12 Ngamandla akhe uyanyakazisa amanzi; ngokuqonda kwakhe uyachitha uRahabi.

13 Ngokuphefumula kwakhe izulu liyakhazimula; isandla sakhe sigwazile inyoka esheshayo.

14Bheka, lokhu kungamaphethelo nje ezindlela zakhe, izwi lokunyenyeza nje elizwakalayo ngaye; indumo yamandla akhe, ngubani obeyakuyiqonda na?

## UJobe 27

### Inkulumo yokugcina kaJobe: usagcizelela ukulunga kwakhe

1UJobe wabuye waphakamisa izwi lakhe, wathi:

2 Kuphila kukaNkulunkulu osusile ukwahlulelwa kwami, noSomandla owenze munyu umphefumulo wami,

3kusekhona ukuphefumula kimi, nomoya kaNkulunkulu usemakhaleni ami,

4izindebe zami aziyikukhuluma okubi, nolimi lwami aluyikukhipha inkohliso.

5Makube kude nami ukuba nginivumele; angiyikuzaphuca ukuphelela kwami ngize ngife.

6 Ngibambelela ekulungeni kwami, angikuyeki; inhliziyo yami ayisoli nowodwa wemihla yami.

7 Isitha sami masibe njengomubi, nongisukelayo njengowonileyo.

8 Liyini ithemba longenaNkulunkulu, nxa enqunywa, lapho uNkulunkulu esusa umphefumulo wakhe, na?

9 UNkulunkulu uyakuzwa ukukhala kwakhe, lapho ehlelwa lusizi, na?

10Uyakuthokoza ngoSomandla, ambize uNkulunkulu ngezikhathi zonke, na?

11 Ngiyakunifundisa ngesandla sikaNkulunkulu; okukuSomandla angiyikukufihla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Bhekani, nina nonke nikubonile; kungani ukuba nizenze ize na?

13 Lokhu kuyisabelo somuntu omubi kuNkulunkulu, nefa lezidlwangudlwangu
ezilamukela kuSomandla.

14 Uma abantwana bakhe banda, bandela inkemba; inzalo yakhe ayiyikusutha
ngokudla.

15Abasele kuye bayakumbelwa ekufeni, abafelokazi babo bangalili.

16Noma enqwabela isiliva njengothuli, alungise izambatho njengodaka,

17 makakulungise, kepha kuyakwembathwa ngolungileyo, ongenacala abele
isiliva.

18Uyakha indlu yakhe njengenundu, ibe njengedlangala elakhiwa ngumlindi.

19Uyalala enothile, angakuphindi kodwa; uyavula amehlo akhe, abe
engasekho.

20Ingebhe iyamehlela njengamanzi; isivunguvungu siyamphephula ebusuku.

21Umoya wasempumalanga uyamthatha, amuke; uyambhengula endaweni
yakhe.

22Uyacibishelwa engahawukelwa; uyabaleka nokubaleka esandleni sakhe.

23Abantu bayakumshayela ihlombe, bamncimfele ukuba asuke endaweni
yakhe.

## UJobe 28

### Inkulumo kaJobe isaqhubeka: umthapho wokuhlakanipha

1 Impela ukhona umthapho wesiliva, nendawo yegolide abalicwengayo.

2Insimbi iyakhishwa emhlabathini; amatshe ayancibilikiswa abe yithusi.

3Ubumnyama bubekelwa umkhawulo; kuyacingwa kuze kube sekupheleni
konke amatshe esigayegaye nethunzi lokufa.

4Baqhekeza umgodi kude nalapho behlala khona abantu, lapho bekhohlakele
khona lunyawo; bayalenga, bajikajika kude nabantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Umhlaba-ke, kuwona kuvela ukudla, kepha ngaphansi kwawo
uyaphendukezelwa njengangomlilo.

6Amatshe awo ayindawo yamasafire; inothuli lwegolide.

7Lowo mgudu awaziwa yinqe, neso loheshe aliwubonanga.

8Izilwane ezinkulu azihambanga ngawo, nengonyama ayidlulanga ngawo.

9Uyelulela isandla sakhe etsheni lensengetsha, agumbuqele izintaba
kwasezimpandeni zazo.

10Uqhekeza imihohoba emadwaleni; iso lakhe liyabona konke okuyigugu.

11Uyavimba imifula ukuba ingaconsi; imfihlakalo uyayikhiphela
ekukhanyeni.

12 Kepha ukuhlakanipha kufumanisekaphi? Iphi indawo yokuqonda na?

13Umuntu kalazi inani lakho; akutholakali ezweni lababphilayo.

14Utwa luthi: Akukho kimi; ulwandle luthi: Akukho kimi.

15 Akunakuzuzwa ngegolide; intengo yakho ayinakulinganiswa nesiliva.

16Kungelingane negolide lase-Ofiri, neshohamu eliyigugu, nesafire.

17Igolide nengilazi kungelingane nakho; akunakwenaniswa ngezinto zegolide
elicwengekileyo.

18Akunakukhulunywa ngekorali nangekristalu; intengo yakho iphezu
kwamarubi.

19Itopazi laseKushe alinakulinganiswa nakho, kungelingane negolide
elicwengekileyo.

20 Ukuhlakanipha kuvelaphi na? Indawo yokuqonda iphi na?

21Kusithekile emehlweni abo bonke abaphilayo, kufihliwe ezinyonini zezulu.

22Ukubhujiswa nokufa kuthi: Ngezindlebe zethu sizwile amahemuhemu akho.

23 UNkulunkulu uyaqonda indlela yakho; yena uyazi indawo yakho.

24Ngokuba uyabeka imikhawulo yomhlaba, abone konke okuphansi kwezulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

25Lapho emisela umoya ukusinda kwawo, elinganisa amanzi ngezilinganiso,

26 lapho enzela imvula isimiso, nonyazi lokuduma indlela,

27khona wakubona, walanda ngakho, wakuhlela, wakuphenya.

28 Wathi kubantu: Bhekani, ukwesaba iNkosi lokhu kungukuhlakanipha; ukusuka ebubini kungukuqonda.

## UJobe 29

### UJobe ukhumbula inhlalo yakhe yakuqala

1UJobe wabuye waphakamisa izwi lakhe, wathi:

2 Sengathi nga nginjengasezinyangeni zakuqala, njengasemihleni uNkulunkulu angigcina ngayo,

3lapho isibani sakhe sasikhanya phezu kwekhanda lami, ngihamba ebumnyameni ngokukhanya kwakhe,

4yebo, njengasezinsukwini zokuvuthwa kwami, lapho ubuhlobo bukaNkulunkulu babuphezu kwetende lami;

5lapho uSomandla wabe esenami, nabantwana bami babe besangizungeza;

6lapho izinyathelo zami zagezwa ngamangqanga, nedwala elalingakimi langithelela imifula yamafutha.

7 Lapho ngaphuma ngaya esangweni ngasemzini, ngalungisa isihlalo sami esigcawini,

8izinsizwa zangibona, zacasha, nezimpunga zasuka zema,

9izikhulu zayeka ukukhuluma, zabeka izandla emilonyeni yazo;

10izwi lababakhulu lathuliswa; izilimi zabo zanamathela olwangeni lwabo.

11Lapho indlebe yangizwa, yangibusisa, nalapho iso langibona, langifakazela.

12 Ngokuba ngakhulula abampofu abakhalayo kanye nentandane engenamsizi.

13Isibusiso sobezakubhubha safika phezu kwami; ngenza inhliziyo yomfelokazi ukuba ihube ngokujabula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Ngembatha ukulunga, kwaba yisambatho kimi; ukwahlulelwa kwami kwakunjengengubo nomqhele kimi.

15 Ngaba ngamehlo ezimpumputhe nezinyawo zezinyonga.

16Ngangingubaba wabampofu; indaba yengingamaziyo ngayiphenya.

17Ngaphula imihlathi yowonayo, ngahlwitha impango emazinyweni akhe.

18 Ngase ngithi: Ngiyakufa esidlekeni sami, ngandise izinsuku zami zibe ngangesihlabathi.

19Impande yami iyazivulela amanzi; amazolo alala ubusuku bonke egatsheni lami;

20udumo lwami lusha njalo kimi, umnsalo wami wenziwa musha esandleni sami.

21 Abantu bangilalela belinda; bathula ngesiluleko sami.

22Emva kwamazwi ami ababe besakhuluma; amazwi ami aconsela phezu kwabo.

23Bangilindela njengemvula; bangikhamisela imilomo yabo njengokukhamisela imvula yamuva.

24Ngabahleka bengenakukholwa; ukukhanya kobuso bami kababakufiphazanga.

25Uma ngangikhethile izindlela zabo, ngangiyakuhlala emqoka, ngahlalisa okwenkosi empini, njengoduduza abalilayo.

## UJobe 30

### UJobe ukhala ngokudelelwa kwakhe. NoNkulunkulu uqobo uyisitha sakhe

1 Kepha manje abancane ngeminyaka kunami bayangihleka, oyise babo engangibadelela ukuba ngingababeki naphakathi kwezinja zezimvu zami.

2Yebo, namandla ezandla zabo angangisiza kanjani, abantu abaphelile iziphika, na?

3Bondile ngokuswela nangendlala; baququda ugwadule oluyize, olwaluyilohle nakuqala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[4]Bayakha imifino kasawoti ezihlahleni; izimpande zezinwele zingukudla
kwabo.

[5]Bayaxoshwa phakathi kwabantu; bamemeza emva kwabo njengasemva
kwamasela.

[6]Bahlala ezigodini ezesabekayo, nesemihumeni yomhlaba, naseziweni.

[7]Bayakhonya phakathi kwezihlahla; phansi kwezimbabazane bayabuthana,

[8]bengabantwana beziwula, abantwana babangenamagama, beshaywa,
bexoshwa ezweni.

[9] Manje sengihaywa yibo, yebo, sengiyisaga sabo.

[10] Bayanengwa yimi, bemi kude nami; abayeki ukungikhafulela ngamathe.

[11]Bakhululile imichilo yabo, bangithobisa; balahlile itomu phambi kwami.

[12]Ngakwesokunene kuvuka amachwensa; agudlumeza izinyawo zami,
anginqwabelela izindlela zokubhubhisa.

[13]Achitha umkhondo wami; asebenzela ukubhujiswa kwami engazibambi.

[14]Angena kungathi ngesikhala esibanzi; phakathi kwencithakalo atheleka
phezu kwami.

[15]Ingebhe ithululwa phezu kwami; njengomoya luyaxoshwa udumo lwami;
inhlalakahle yami iyadlula njengefu.

[16] Manje umphefumulo wami uthululiwe phakathi kwami; izinsuku zosizi
zingibambile.

[17]Ebusuku amathambo ami ayabhotshozwa, asuke kimi; ubuhlungu
obungigedlayo abuphumuli.

[18]Ngamandla amakhulu umzimba wami wonakele; unamathela kimi
njengentamo yesambatho sami.

[19] Ungiphonsile odakeni; sengifana nothuli nomlotha.

[20] Ngikhala kuwe, kepha awungiphenduli; ngimi lapha, uyangibuka nje.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Uyaguquka ukuze ungiphathe ngonya; ngamandla esandla sakho
uyangizingela.

22Uyangiphakamisela emoyeni, ungikhwelisa kuwo, wenze ukuba ngincibilike
ngokuhlokoma kwesivunguvungu.

23 Ngokuba ngiyazi ukuthi ungiyisa ekufeni nasendlini yokubuthana
kwabaphilayo bonke.

24 Kepha umuntu angelule isandla sakhe encithakalweni, akhale uma
esengozini, na?

25 Angimkhalelanga yini ozinsuku zakhe zazilukhuni na? Umphefumulo wami
awuhawukelanga abampofu na?

26 Lapho ngabheka okuhle, kwafika okubi; ngalindela ukukhanya, kwafika
ubumnyama.

27Izibilini zami ziyaxhuxhuzela, aziphumuli; izinsuku zosizi zingehlele.

28Ngihamba ngimnyama, kungenziwanga yilanga; ngisukuma ebandleni
ngikhala.

29 Ngingumfowabo wamakhanka, nomngane wezintshe.

30Isikhumba sami simnyama, siyebuza kimi; amathambo ami ashile
ngokushisa.

31Ihabhu lami seliphenduke isililo, nomtshingo wami uyizwi labakhalayo.

## UJobe 31

### UJobe uqinisa ukuthi ukuhamba kwakhe kwakulungile njalo

1 Ngenza isivumelwano namehlo ami: ngingabuka kanjani intombi na?

2Ngokuba siyini isabelo ebesiyakuvela kuNkulunkulu phezulu, nefa
likaSomandla ebeliyakuvela ekuphakameni, na?

3Akusikho ukubhubha kwabangalungile nengozi kwabenza okubi na?

4 Yena akaboni izindlela zami, abale izinyathelo zami zonke, na?

5 Uma ngihambile ngamanga, nonyawo lwami luphuthume enkohlisweni,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 mangilinganiswe ngesilinganiso esilungileyo, ukuze uNkulunkulu azi ukuphelela kwami.

7Uma izinyathelo zami zichezukile endleleni, inhliziyo yami yalandela amehlo ami, uma kunamathela isisihla ezandleni zami,

8 mangihlwanyele, kudle omunye, yebo, zisishulwe izithelo zami.

9 Uma inhliziyo yami iyengwe ngowesifazane, ngaqamekela ngasemnyango womakhelwane wami,

10umkami makasilele omunye, kuguqe abanye phezu kwakhe.

11 Ngokuba lokho ngabe kuyicala, ngabe kungububi bokujeziswa.

12Ngokuba kungumlilo odlayo kuze kube sekubhujisweni, kusishulwe yonke inzuzo yami.

13 Uma ngidelele ukwahlulelwa kwenceku yami noma okwencekukazi yami, lapho bephikisana nami,

14ngiyakwenze njani, lapho uNkulunkulu evuka, nalapho engiphenya, ngingaphendula ngokuthini na?

15 Owangenza mina esiswini, wabenza nabo; owasibumba esizalweni munye.

16 Uma nginqabele abampofu abakufisayo, ngenza amehlo omfelokazi ukuba afiphale,

17 ngadla ucezu lwami lwesinkwa ngingedwa, ingaludlanga nentandane

18hhayi, ikhulele kimi kwasebusheni bami njengakuyise; kwasesizalweni sikamame ngangingumholi wabafelokazi

19uma ngibone obhubhile ngokuswela isambatho, kungekho okokuzimboza kompofu;

20uma ukhalo lwakhe lungangibusisanga, uma engafudunyezwanga nguboya bezimvu zami;

21uma ngiphakamisele intandane isandla sami, ngokuba ngabona usizo lwami esangweni,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22maliwe ihlombe lami esiphangeni, nengalo yami yaphulwe enkothweni
yayo.

23Ngokuba ngesaba ukubhujiswa nguNkulunkulu; ngenxa yokuphakama
kwakhe bengingenakwenza lutho.

24 Uma ngibeke igolide libe yithemba lami, ngathi egolideni elihle:
Ngithemba wena;

25uma ngithokozile, ngokuba imfuyo yami inkulu nangokuba isandla sami
sithole okuningi;

26uma ngibone ukukhanya ukuthi kuyakhazimula, nenyanga ukuthi ihamba
ngencwazimulo,

27 kwayengwa inhliziyo yami esitha, nomlomo wanga isandla sami,

28 nalokho kwakungububi bokujeziswa, ngokuba ngangimphikile
uNkulunkulu phezulu.

29 Uma ngithokozile ngengozi yongizondayo, ngaxhuma lapho eficwa
ngokubi

30 kepha angivumelanga ulimi lwami ukuba lone ngokucela ukuphila kwakhe
ngesifungo

31uma abantu betende lami bengashongo ukuthi: Ngubani ongathola umuntu
ongasuthanga ngenyama yakhe na? --

32 abafokazi kabalalanga phandle, ngavulela izihambi iminyango yami --

33uma ngisibekele iziphambeko zami njengo-Adamu ngokufihla ububi bami
esifubeni sami,

34 ngokuba ngesaba isixuku esikhulu, ngaba novalo lokudelelwa
ngabomndeni, ngaze ngathula, angaphuma emnyango --

35 sengathi angaba khona ongizwayo nantu uphawu lwami, makangiphendule
uSomandla -- ngibe nencwadi ayilobileyo omelana nami!

36Ngangiyakuyithwala emahlombe ami, ngiyibophe ibe ngumqhele kimi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[37]ngimlandise ngomumo wezinyathelo zami, ngisondele kuye njengesikhulu.

[38] Uma umhlaba wami ukhalile ngami, nemisele yawo ililile kanyekanye;

[39]uma ngidlile izithelo zawo ngingenamali, ngenza ukuba bafe abaniniwo,

[40]makuhlume ikhakhasi esikhundleni sikakolweni, kuvele ukhula endaweni yebhali. Amazwi kaJobe asephelile.

## UJobe 32

### U-Elihu uyaqhamuka

[1]Lawo madoda amathathu ayeseyeka ukumphendula uJobe, ngokuba wayelungile emehlweni akhe.

[2] Lwase luvutha ulaka luka-Elihu, indodana kaBarakeli, umBuzi womndeni kaRamu; ulaka lwakhe lwavuthela uJobe, ngokuba wazithetha yena kunoNkulunkulu.

[3]Ulaka lwakhe lwavuthela nabangane bakhe abathathu, ngokuba noma bengafumananga impendulo, bamlahla nokho uJobe.

[4]U-Elihu wayelindele ukukhuluma kuJobe, ngokuba bona babebadala kunaye.

[5]Lapho u-Elihu esebona ukuthi ayikho impendulo emilonyeni yalawo madoda amathathu, lwavutha ulaka lwakhe.

[6]U-Elihu, indodana kaBarakeli, umBuzi, wayesethatha-ke, wathi: Mina ngisemusha ngeminyaka, nina nibadala; ngalokho nganginamahloni, ngesaba ukunitshela umqondo wami.

[7] Ngathi: Makukhulume izinsuku, ubuningi beminyaka bazise ukuhlakanipha.

[8]Nokho kukhona umoya kumuntu; ukuphefumula kukaSomandla kuyabaqondisa.

[9]Abakhulu abahlakaniphile, nabadala abaqondi ukwahlulela.

[10] Ngalokho ngithi: Ngizweni; nami ngiyakusho umqondo wami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Bhekani, ngilindele amazwi enu, ngabeka indlebe emiqondweni yenu, nisaphenya eniyakukusho.

12Nganilalela nina; bhekani, kwakungekho noyedwa owamahlula uJobe nowaphendula amazwi akhe phakathi kwenu.

13Maningasho ukuthi: Sifumene ukuhlakanipha; uNkulunkulu angamphengulula, hhayi umuntu.

14Akahlelelanga mina amazwi akhe; angiyikumphendula ngezinkulumo zenu.

15 Bayakhungatheka, abasaphenduli; baphelelwa ngamazwi.

16Ngibalindele yini, uma bengakhulumi, na? Ngokuba bemi bengasaphenduli.

17Nami ngiyakuphendula okwami, ngitshengise nami umqondo wami.

18Ngokuba ngigcwele amazwi; umoya phakathi kwami uyangiqhubezela.

19Bhekani, okuphakathi kwami kunjengewayini elingenambobo; kucishe ukuqhuma njengezimvaba ezintsha.

20Ngiyakukhuluma ukuba ngikhululeke; ngiyakuvula izindebe zami ukuba ngiphendule.

21Mangingakhethi ubuso bamuntu, ngingathophi nobani.

22Ngokuba angikwazi ukuthopha; uma kunjalo, uMenzi wami angangisusa masinyane.

## UJobe 33

### U-Elihu ukhuza uJobe ngokusola kwakhe uNkulunkulu

1 Kepha manje, Jobe mawuzwe amazwi ami,

2Bheka-ke, sengivula umlomo wami; ulimi lwami lukhuluma emlonyeni wami.

3Amazwi ami avela enhliziyweni yami eqotho; okwaziwa yizindebe zami ziyakukhuluma ngesiminya.

4Umoya kaNkulunkulu ungenzile, nokuphefumula kukaSomandla kunginika ukuphila.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Uma ukwazi, ngiphendule; zihlele phambi kwami, ume.

6 Bheka, nginjengawe maqondana noNkulunkulu: ngibunjiwe nami ngebumba.

7Bheka, ingebhe ngami ayiyikukugebhezisa, nesandla sami esiphezu kwakho asiyikukusinda.

8 Impela wakhuluma ezindlebeni zami, ngezwa izwi lokukhuluma kwakho ukuthi:

9 Ngimsulwa, anginasiphambeko; ngimhlophe, akukho okubi kimi.

10 Bheka, uthola amathuba ngami, ungishaya isitha sakhe.

11 Ufaka izinyawo zami ezingongolweni, aqaphele zonke izindlela zami.

12 Bheka, ngiyakuphendula ukuthi awuthethanga kahle lokho, ngokuba uNkulunkulu mkhulu kunomuntu.

13 Umphikiselani ngokuthi: Akaphenduli nelilodwa lamazwi ami.

14Ngokuba uNkulunkulu ukhuluma kanye, yebo, nakabili, umuntu engakunaki.

15Ephusheni nasembonweni wasebusuku, lapho abantu behlelwe ngubuthongo obunzima, bozela emacansini,

16 khona uyavula izindlebe zabantu, abeke uphawu ekufundisweni kwabo,

17ukuze aphambukise umuntu ekwenzeni kwakhe, anqume ukuzidla kumuntu;

18unqanda umphefumulo wakhe ekubhujisweni, nokuphila kwakhe ukuba kungachithwa ngomkhonto.

19Uyajeziswa ngobuhlungu nasecansini lakhe, nangokulwa okungapheliyo emathanjeni akhe.

20Inhliziyo iyanengwa ngukudla, nomphefumulo wakhe uzonda ukudla okade ukufisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Inyama yakhe iyadliwa, ingabe isabonwa; amathambo akhe akade engabonakali aseqhamukile.

22Umphefumulo wakhe uyasondela egodini, nokuphila kwakhe kubabulali.

23 Uma kukhona ingelosi kuye, nehumusha noma yiliphi enkulungwaneni lokuba litshele umuntu okumlungeleyo,

24uNkulunkulu abeseba nomusa kuye, athi: Mkhulule ukuba angehleli egodini, sengitholile ihlawulo,

25inyama yakhe ibe ntsha kuneyomntwana, abuyele emihleni yobusha bakhe,

26 khona uyakunxusa uNkulunkulu ukuba abe nomusa kuye, abone ubuso bakhe ngokujabula, abesebuyisela kumuntu ukulunga kwakhe.

27Usehlabelela phambi kwabantu, uthi: Ngonile, ngahlanekezela ukulunga, kepha akwenziwanga kimi njengokufaneleyo:

28uhlengile umphefumulo wami ukuba ungadluleli egodini; ngiyakubona ukukhanya ngiphila.

29 Bhekani, konke lokhu uNkulunkulu uyakwenza kabili, yebo, kathathu kumuntu

30 ukuba abuyise umphefumulo wakhe egodini, akhanyiselwe ngokukhanya kwabaphilayo.

31Yizwa, Jobe, ungilalele; thula, mina ngizakukhuluma.

32Uma unamazwi, ngiphendule; khuluma, ngokuba ngifisa ukukuthethelela.

33Uma ungenawo, ngilalele wena; thula, ngiyakukufundisa ukuhlakanipha.

## UJobe 34

### U-Elihu uvikela ukulunga kukaNkulunkulu

1U-Elihu wathatha wathi:

2 Yizwani amazwi ami, nina zihlakaniphi, nibeke indlebe kimi nina zazi.

3 Ngokuba indlebe iyavivinya amazwi, njengokuba ulwanga luzwa ukudla.

4Masizikhethele okulungileyo, sazi phakathi kwethu okuhle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Ngokuba uJobe uthe: Ngilungile; uNkulunkulu ususile ukwahlulelwa kwami.

6 Phezu kokwahlulelwa kwami ngishaywa onamanga; inxeba lami alinakupholiswa, noma ngingenasiphambeko.

7 Ngumuphi umuntu onjengoJobe ophuza usulu njengamanzi,

8 ohamba ngokwazana nabenza okubi, ahambisane nabantu ababi, na?

9 Ngokuba uthi: Akunalusizo kumuntu ukuba azane noNkulunkulu.

10 Ngalokho ngizweni nina bantu abanokuqonda; makube kude noNkulunkulu ukuba enze okubi, nakuSomandla ukuba enze ukona.

11 Ngokuba uyabuyisela kumuntu njengokwenza kwakhe, atholise kube yilowo nalowo njengezindlela zakhe.

12 Impela uNkulunkulu akenzi okubi; uSomandla kahlanekezeli ukwahlulela.

13 Ngubani owambeka phezu komhlaba na? Ngubani owamisa izwe lonke na?

14 Uma ebeyakuzibheka yena, azibuyisele umoya wakhe nomphefumulo wakhe,

15 inyama yonke ibiyakufa kanyekanye, umuntu abuyele othulini.

16 Uma unengqondo, yizwa lokhu, ulalele izwi lokukhuluma kwami.

17 Imbala ozonda ukwahlulela uyakubusa na? Uyakumlahla olungileyo nonamandla

18 oshoyo enkosini ukuthi: Muntu omubi, nasezikhulwini: Mashinga,

19 ongakhethi ubuso bezikhulu, onganaki ocebileyo kunompofu, na? Ngokuba bonke bangumsebenzi wezandla zakhe.

20 Bayafa ngokuphazima kweso; phakathi kwamabili abantu bayathuthumela, banyamalale; amaqhawe ayasuswa, kepha kungengasandla.

21 Ngokuba amehlo akhe akuzo izindlela zomuntu; ubona zonke izinyathelo zakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Abukho ubumnyama, nethunzi lokufa alikho, lapho abenza okubi bengacasha khona.

23Ngokuba akadingi ukuba abelokhu ebheka umuntu ukuba aye kuNkulunkulu ukwahlulelwa.

24 Uyaphahlaza abanamandla, kungahlolwanga, amise abanye ezikhundleni zabo.

25Ngalokho uyazi imisebenzi yabo; uyabagumbuqela ebusuku, bachotshozwe.

26Uyabashaya njengababi endaweni lapho bebonwa khona,

27ngokuba bachezuka ekumlandeleni, abanakanga neyodwa yezindlela zakhe,

28 baze benza ukuba ukukhala kwabampofu kufike kuye, wezwa ukukhala kwabahluphekayo.

29Lapho yena ethula, ngubani ongalahla, nalapho ethukusa ubuso bakhe, ngubani ongambona na? Ubusa ngokufananayo, noma kuyisizwe noma kungumuntu,

30ukuba kungabusi muntu ongenaNkulunkulu, abantu bacushwe.

31 Ngokuba ukhona oke wathi kuNkulunkulu: Ngithweswe icala noma ngingonanga, na?

32Lokhu engingakuboni, ngifundise khona; uma ngenzile okubi, angisayikukuphinda.

33Uyakuphindisela njengokuthanda kwakho, lokhu ukwenqaba, na? Ngokuba nguwe ozakukhetha, akusimina; khuluma okwaziyo.

34 Abantu abanokuqonda bayakusho kimi, yebo, nezihlakaniphi, lapho zingizwa, ziyakuthi:

35UJobe ukhuluma engenalwazi; amazwi akhe awanangqondo.

36Sengathi uJobe angavivinywa kuze kube sekupheleni, ngokuba uphendula njengabantu ababi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

37Ngokuba uyenezela ukuhlubuka esonweni sakhe; ushaya ihlombe phakathi kwethu, andise amazwi akhe kuNkulunkulu.

## UJobe 35

### U-Elihu uthi: UNkulunkulu umelwe ukufunwa ngokuthobeka

1U-Elihu wathatha wathi:

2 Usho uthi lokhu kulungile na? Uthi: Yilungelo lami kuNkulunkulu yini,

3 njengokuba uthi: Kungisiza ngani? nokuthi: Ngizuzeni kunalokho ebengiyakukuzuza, uma ngonile, na?

4 Ngizakukuphendula mina ngamazwi, wena nabangane bakho.

5Bheka ngasezulwini, ubone, uqaphele amafu aphakeme kunawe.

6 Uma wona, wenzani kuye na? Uma iziphambeko zakho ziziningi, wenzani kuyena na?

7 Uma ulungile, umnikani yena, noma umukelani esandleni sakho na?

8Ububi bakho buqondene nomuntu onjengawe, nokulunga kwakho kuthintana nendodana yomuntu.

9 Abantu bakhala ngobuningi bezinkahlo; bakhala ngokusizwa ngenxa yengalo yabanamandla.

10Kepha akakho othi: Uphi uNkulunkulu, uMenzi wami, ozwakalisa amahubo ebusuku,

11osifundisa phezu kwezilwane zomhlaba, asenze sihlakaniphe phezu kwezinyoni zezulu.

12Lapho bayakhala ngokuzidla kwababi, kepha akaphenduli.

13Impela uNkulunkulu akezwa okuyize, uSomandla akayikukunakekela;

14 kakhulu kangakanani, lapho uthi awumboni nokuthi, noma icala liphambi kwakhe, usamhlalela, na?

15 Kepha manje, ngokuba intukuthelo yakhe ingajezisi, anganaki kakhulu iziphambeko,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

16 uJobe uvulela ize umlomo wakhe; uyandisa amazwi engenalwazi.

## UJobe 36

### U-Elihu uthi: UNkulunkulu ufuna kuphela ukuba isoni siphenduke

1 U-Elihu waqhubeka wathi:

2 Ngihlalele kancane, ngiyakukubonisa, ngokuba ngisenamazwi okummela uNkulunkulu.

3 Ngiyakulanda kude ulwazi lwami, nginike uMenzi wami ukulunga.

4 Impela amazwi ami awasiwo amanga; unawe ophelele ekwazini.

5 Bheka, uNkulunkulu unamandla, kepha kadeleli muntu; mkhulu emandleni okuqonda.

6 Akenzi ukuba omubi aphile, kepha abampofu uyabanika ukwahlulelwa.

7 Akabuyisi amehlo akhe kwabalungileyo, kepha ubahlalisa namakhosi ezihlalweni zobukhosi, baphakame kuze kube phakade.

8 Uma beboshwa ngamaketanga, babanjwe ngezintambo zokuhlupheka,

9 uyababonisa izenzo zabo neziphambeko zabo zokuthi baziphakamisile.

10 Uyavulela izindlebe zabo ukulaywa, asho ukuba babuye ebubini.

11 Uma belalela, bamkhonze, bayakuqeda imihla yabo ebuhleni neminyaka yabo kukho okumnandi.

12 Kepha uma bengalaleli, bayakuphela ngenkemba, bafe bengenalwazi.

13 Abangesabi ngenhliziyo baqongelela ulaka; abakhali lapho ebabopha.

14 Bafa besebasha, ukuphila kwabo kube njengokwezifebe zethempeli.

15 Ukhulula ompofu ngobumpofu bakhe, avule indlebe yabo ngokuhlupheka.

16 Yebo, nga ekuvusa ukuba uphume emlonyeni wosizi, uye endaweni ebanzi, lapho kungekho kunyinyeka khona, kunone okubekwa etafuleni lakho.

17 Kepha ugcwele ukwahlulelwa kwababi; ukwahlulela nokulunga kuyakubamba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Xwaya ukuba ulaka lungakuvusi usashaywa, ungachezukiswa ngobuningi bamahlawulo.

19Ukukhala kwakho kungakusiza ukuba ungahlali osizini, nazo zonke izikhwepha zamandla akho, na?

20 Ungafisi ubusuku, lapho abantu beyakususwa ezindaweni zabo.

21Xwaya ukuba ungabhekisi ubuso bakho ebubini, ngokuba ukhethile lokho kunokuhlupheka.

22 Bheka, uNkulunkulu uphakeme ngamandla akhe; ngubani ofundisa njengaye na?

23 Ngubani ommisele indlela yakhe na? Ngubani ongasho ukuthi: Wenzile okubi, na?

24Khumbula ukukhulisa izenzo zakhe abahlabelela ngazo abantu.

25 Bonke abantu bayazibona; abokufa bayazibuka besekude.

26 Bheka, uNkulunkulu uphakeme, asimqondi; umumo weminyaka yakhe ayinakuphenywa.

27 Wenyusa amathonsi amanzi, abuye awathulule njengemvula enkungwini yakhe;

28amafu awenza ukuba aconse, awathele phezu kwabantu abaningi.

29Ukhona ongaqonda ukwenekeka kwamafu nokuduma kwedokodo lakhe na?

30Bheka, uyasakaza ukukhanya kwakhe ngakuye; uyasibekela ubuphansi bolwandle.

31Ngokuba ngalokho uyabahlulela abantu, aphane kakhulu ngokudla.

32Uyasibekela izandla zakhe ngokukhanya, akuyale ukuba kushaye isigcibisholo.

33Umsindo wakhe ulanda ngaye oshisekela ububi ngentukuthelo.

**UJobe 37**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### U-Elihu uthi: Ukuhlakanipha namandla kaNkulunkulu kukhonjwa ngokubusa kwakhe ukuduma nemvula

1 Yebo, ngenxa yalokho iyathuthumela inhliziyo yami, isuke endaweni yayo.

2 Yizwani, nizwe indumo yezwi lakhe, nemvunge ephuma emlonyeni wakhe.

3Uyakukhipha phansi kwalo lonke izulu, nonyazi lwakhe luya emagumbini omhlaba.

4Emva kwalo kuduma izwi; uduma ngezwi lobukhosi bakhe; kalumisi unyazi, lapho lizwakala izwi lakhe.

5 UNkulunkulu uyaduma ngezwi lakhe ngokumangalisayo; wenza izinto ezinkulu esingaziqondi.

6Ngokuba uthi eqhweni: Khithika emhlabeni; kanjalo nasesihlambini semvula, yebo, ezihlambini zemvula zakhe ezinamandla.

7Uyanamathelisa izandla zabantu bonke ukuba bonke abantu bazi imisebenzi yakhe.

8Seziya izilwane ezikhundleni zazo, zihlale emihumeni yazo.

9 Isikhwishikhwishi siphuma ekamelweni laso, namakhaza emimoyeni ehlakazayo.

10 Ngokuphefumula kukaNkulunkulu kuvela ungqoqwane, ububanzi bamanzi buqine.

11Yebo, uyathwesa amafu ngokuswakama; uyeneka amafu onyazi lwakhe.

12 Ayajika, aphenduke njengokunquma kwakhe ukuba enze konke awayalayo ebusweni bomhlaba owakhiweyo,

13awafikise abe luswazi, afike ngenxa yomhlaba noma ngenxa yomusa.

14 Beka indlebe kulokhu, Jobe; yima, uqonde izimangaliso zikaNkulunkulu.

15Uyazi yini ukuthi uNkulunkulu uwayala kanjani, enze ukuba unyazi lwamafu akhe lukhanye na?

16Uyaqonda yini ukulinganiswa kwamafu, izimangaliso zoPhelele olwazini,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17wena ozingubo zakho zifudumala, lapho ethulisa umhlaba ngeshisandlu, na?

18Ungeneka isibhakabhaka njengaye, esiqinile njengesibuko esibunjiweyo, na?

19Sifundise ukuthi siyakuthini kuye; asinakuhlela indaba yethu ngenxa yobumnyama.

20Uyakutshelwa ukuthi ngiyakhuluma na? Ukhona yini oshoyo ukuthi makabhubhe na?

21Manje, abantu abanakukubona ukukhanya okukhazimula esibhakabhakeni,

22Ngasenyakatho kuvela inkazimulo yegolide; uNkulunkulu wembethe ubukhosi obesabekayo.

23USomandla singemqonde; mkhulu ngamandla nangokwahlulela; ngokulunga kwakhe okukhulu akoni lutho.

24Ngalokho abantu bayamesaba; kepha akanaki abazishaya izihlakaniphi ngenhliziyo.

## UJobe 38

### UJehova uyamphendula uJobe

1 UJehova wayesemphendula uJobe esesikhwishikhwishini, ethi:

2 Ngubani lo owenza mnyama isiluleko ngamazwi angenalwazi na?

3 Bopha izinkalo zakho njengendoda; ngizakukubuza, wena ungazise.

4 Wawukuphi, lapho ngasekela umhlaba, na? Ngitshele, uma ukwazi ukuqonda.

5 Ngubani owanquma izilinganiso zawo, ngokuba uyakwazi phela! Ngubani owelula umucu wokulinganisa phezu kwawo na?

6Izisekelo zawo zabekwa phezu kwani na? Ngubani owabeka itshe lawo legumbi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, nawo onke amadodana kaNkulunkulu ajabula, na?

8 Ngubani owavalela ulwandle ngezicabha, lapha lwabhoboka kungathi lwaphuma esiswini,

9lapho ngabeka amafu aba yisambatho salo, nesigayegaye saba yimbeleko yalo,

10 nalapho ngalumisela umncele wami, ngamisa imigoqo nezicabha,

11ngathi: Uyakufika lapha, kepha ungadluli; lapha amaza akho aziqhenyayo ayakumiswa, na?

12 Emihleni yakho uyalile ukusa, wazisa umthende wokusa indawo yawo

13 ukuba ubambe amagumbi omhlaba, ababi bathintithwe kuwo, na?

14Uguquka njengebumba lophawu lokunamathelisa; konke kuqhamuka kungathi kwembesiwe.

15 Ababi sebenqatshelwe ukukhanya kwabo, nengalo ephakemeyo yaphuliwe.

16 Wake wangena emithonjeni yolwandle, wahamba phansi otweni, na?

17Amasango okufa uwavulelwe, wabona amasango ethunzi lokufa, na?

18Uqondile ububanzi bomhlaba na? Yisho, uma ukwazi konke.

19 Iphi indlela eya lapho kuhlala khona ukukhanya, nobumnyama-ke, iphi indawo yabo,

20ukuze ukuyise emkhawulweni wakho, uqonde imikhondo yendlu yakho, na?

21Angithi uyakwazi, ngokuba wawusuzelwe, nomumo wemihla yakho mkhulu, na?

22 Wake wangena ezinqolobaneni zeqhwa, wabona izinqwaba zesichotho,

23 engiziqongelele isikhathi sokuhlupheka nosuku lokulwa nolwempi, na?

24Iphi indlela eya lapho ukukhanya kwahlukaniselwa khona, nalapho umoya wasempumalanga uhlakazekela khona emhlabeni, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25 Ngubani ovulele ukuchichima kwamanzi umsele nonyazi lokuduma indlela,

26ukunisa imvula emhlabeni lapho kungekho muntu khona, nasehlane elingenamuntu,

27 ukusuthisa ihlane kwahlongasibi, nokuhlumisa uhlaza, na?

28Kukhona uyise wemvula na? Ngubani owazala amathonsi amazolo na?

29Iqhwa lavela esiswini sikabani, nesithwathwa sazalwa ngubani, na?

30Amanzi ayacasha kungathi ayitshe; ubuso botwa buhlangene.

31 Ungabopha amaketanga esiLimela, uthukulule izintambo zeMpambano, na?

32Ungakhipha izinkanyezi ngesikhathi sazo, uhole iBhere nabantwana balo, na?

33Uyazazi izimiso zasezulwini, umise ukumisa kwazo emhlabeni, na?

34 Ungaphakamisela izwi lakho emafwini, ukuze amanzi amaningi akusibekele, na?

35Ungathuma imibani ukuba ihambe, isho kuwe, ithi: Bheka, silapha ?

36Ngubani obeke ukuhlakanipha phakathi komuntu, ngubani onika ukuqonda enhliziyweni na?

37Ngubani ongabala amafu ngokuhlakanipha, ngubani ongathulula izimvaba zasezulwini,

38lapho uthuli luphenduka isigaxa, namagabade anamathelane, na?

39 Uyazingelela ibhubesikazi impango, usuthise iphango lamabhongo,

40lapho elala emihumeni yawo, ehlezi esikhundleni eqamekele, na?

41Ngubani olungisela igwababa ukudla kwalo, lapho amaphuphu alo ekhala kuNkulunkulu, ezulazula ngokuswela ukudla, na?

## UJobe 39

### Umusa kaNkulunkulu ubonakala naphakathi kwezilwane

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Uyazi yini isikhathi sokuzala kwamagogo, uqaphela ukuzala kwezindluzelekazi, na?

2Ungazibala izinyanga eziziqedayo, uyasazi isikhathi ezizala ngaso, na?

3 Ziyakhonkobala, zizala amazinyane azo, zikhiphe okwemihlelo yazo.

4Amazinyane azo aqina, akhulela endle; ayahamba, angabe esabuyela kuzo futhi.

5 Ngubani ovumele imbongolo yasendle ukuba ihambe; ngubani owathukulula izintambo zayo,

6engenza ihlane libe yindlu yayo, nezwe likasawoti libe yindawo yayo yokuhlala, na?

7Ihleka umsindo wedolobha, ingezwa ukumemeza komshayeli.

8 Okufunyanwa ezintabeni kuyidlelo layo: ifuna zonke izinto eziluhlaza.

9 Inyathi iyakuthanda ukukhonza, ihlale ebusuku emkhombeni wakho, na?

10Ungayibophela inyathi ngentambo emseleni, ibhuqe izigodi emva kwakho, na?

11Ungayethemba, ngokuba amandla ayo makhulu, ushiye umshikashika wakho kuyo, na?

12 Ungakholwa yiyo ukuba ibuyise imbewu yakho, iyibuthele esibuyeni sakho, na?

13 Amaphiko entshe ayaphaphaza, kepha angamakhombe nezimpaphe zothando na?

14Ngokuba iyashiya amaqanda ayo emhlabathini, iwafudumeze othulini.

15Iyakhohlwa ukuthi unyawo lungawachoboza nokuthi isilwane sasendle singawanyathela.

16Iphatha kalukhuni amazinyane ayo, kungathi awasiwo awayo; ayinangebhe yokuthi umshikashika wayo ungaba yize.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[17]Ngokuba uNkulunkulu wayenza ukuba ikhohlwe ukuhlakanipha, akayabelanga ukuqonda.

[18]Lapho indizela phezulu, ihleka amahhashi nabagibeli bawo.

[19] Nguwe onika ihhashi amandla alo, wembathisile intamo yalo umhlwenga oyephuzelayo, na?

[20]Ulenze ukuba lixhume njengenkumbi na? Indumo yokuthimula kwalo iyesabeka.

[21]Liyaphanda ezigodini, liyesasa ngamandla alo, liyaphuma ukuhlangana nezimpi.

[22]Liyahleka ingebhe, alesabi, alibuyi phambi kwenkemba.

[23]Isambo siyalikhehlezela nomkhonto okhazimulayo, nengcula.

[24]Ngolaka lwalo nangokufutheka kwalo liyagwinya umhlabathi; alimi ngokukhala kwecilongo.

[25]Ekuzwakaleni kwecilongo lithi: Nakho-ke; lihogela ukulwa kusekude, nendumo yezinduna nokumemeza kwazo.

[26] Uklebe uyandiza ngokuqonda kwakho, awelulele ngaseningizimu amaphiko akhe, na?

[27]Ukhozi lwenyukela phezulu ngezwi lakho, lwakhe isidleke salo phezulu, na?

[28]Luhlala esiweni, lwakha khona, eweni ledwala eliyinqaba yalo.

[29]Lulapho luhlola ukudla kwalo; amehlo alo akubona kusekude.

[30] Amazinyane alo amunca igazi; lapho kukhona abagwaziweyo, lukhona nalo.

## UJobe 40

### UBehemoti

[1]UJehova wayesemphendula uJobe, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Osolayo uyakuphikisana noSomandla na? Omkhuza uNkulunkulu makaphendule.

3UJobe wamphendula uJehova, wathi:

4 Bheka, angiyinto yalutho; ngingakuphendula ngokuthini na? Ngibeka isandla sami emlonyeni wami.

5Ngikhulumile kanye, angisayikuphendula, yebo, kabili, kepha angiqhubeki.

6UJehova wayesemphendula uJobe esesikhwishikhwishini, wathi:

7 Bopha izinkalo zakho njengendoda; ngizakukubuza, wena ungazise.

8Imbala uyachitha ukwahlulela kwami, ungilahle ukuba ube ngolungileyo, na?

9Unengalo njengoNkulunkulu, ungaduma ngezwi elinjengelakhe, na?

10 Zihlobise ngobukhosi nangokuphakama, wembathe udumo nenkazimulo.

11Thulula ukuphuphuma kwentukuthelo yakho, ubheke bonke abazidlayo, ubathobise.

12Bheka bonke abaziphakamisayo, ubehlise phansi, unyathele ababi ezindaweni zabo.

13Bafihle othulini kanyekanye, ubophe ubuso babo endaweni ethukusiweyo.

14Khona ngiyakukudumisa nami ngokuthi isandla sakho sokunene singakusindisa.

15 Ake ubheke uBehemoti engamenza kanye nawe; uyadla utshani njengenkabi.

16Bheka-ke, amandla akhe asezinkalweni zakhe, nezikhwepha zakhe zisemisipheni yesisu sakhe.

17Uqinisa umsila wakhe njengomsedari; imisipha yamathanga akhe yalukene.

18Amathambo akhe anjengemibhobo yethusi; izimbambo zakhe zinjengemigoqo yensimbi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Ungowokuqala wezidalwa zikaNkulunkulu; ekwenziweni waphiwa inkemba yakhe.

20Izintaba ziyamvezela ukudla, lapho kudlala khona izilwane zonke zasendle.

21Ulala phansi kwezihlahla ezinomthunzi ekusitheni kwemihlanga nasemaxhaphozini.

22Izihlahla ezinomthunzi ziyamsibekela ngomthunzi wazo; iminyezane yasemfuleni iyamphahla.

23Bheka, noma kuphuphuma umfula, akethuki; uyaqalaba, noma iJordani ligijigijimela emlonyeni wakhe.

24Angabanjwa ebhekile, liqhunjuzelwe ikhala lakhe umkhala, na?

## UJobe 41

### ULeviyathani

1 Ungakhipha uLeviyathani ngodobo, ucindezele phansi ulimi lwakhe ngentambo, na?

2Ungafaka igoda lomhlanga ekhaleni lakhe, ubhoboze umhlathi wakhe ngodobo, na?

3Uyakwenza imikhuleko eminingi kuwe, akhulume kuwe amazwi athambileyo, na?

4Uyakwenza isivumelwano nawe ukuba umthathe abe yinceku kuze kube phakade na?

5Ungadlala naye njengenyoni, umbophele amantombazana akho, na?

6Abathengi bangathengiselana ngaye, bamahlukanise phakathi kwabahwebi, na?

7Ungagcwalisa isikhumba sakhe ngezinhlendla, nekhanda lakhe ngamathatha ezinhlanzi, na?

8Beka isandla sakho kuye; khumbula ukulwa; awusayikukuphinda.

9Bheka, ithemba lakho liyakhohlisa; nangokumbona nje uyawiswa phansi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Akakho onesibindi sokumvusa. Ngubani, pho, ongema phambi kwami na?

11 Ngubani ongandulele ukuba ngimbuyisele na? Konke okuphansi kwezulu kungokwami.

12 Angiyikuthula ngezitho zakhe, nangendaba yamandla akhe, nangesimo sakhe esihle.

13Ngubani ongakhumula isambatho sakhe esingaphandle; ngubani ongangena phakathi kwemihlathi yakhe emibili na?

14Izicabha zobuso bakhe ngubani ongazivula na? Amazinyo akhe ayesabeka nxazonke.

15Umhlane wakhe uyizinhla zezihlangu; zinamathelisiwe njengangophawu.

16Zisondelene esinye kwesinye, kungangeni moya phakathi kwazo.

17Zinamathelene; zibambelene, azinakwahlukaniswa.

18Ukuthimula kwakhe kubengezela ngokukhanya; amehlo akhe anjengezinkophe zokusa.

19Emlonyeni wakhe kuphuma izihlanti, nezinhlansi zomlilo ziyaqhasha.

20Emakhaleni akhe kuphuma umusi njengasesocweni esibilayo nasemihlangeni eshayo.

21Ukuphefumula kwakhe kokhela amalahle, nelangabi liphuma emlonyeni wakhe.

22Entanyeni yakhe kuhlala amandla, nengebhe iyaxhuma phambi kwakhe.

23Amanya enyama yakhe anamathelene; abunjiwe kuye, awanakususwa.

24Inhliziyo yakhe iqinile njengetshe, yebo, iqinile njengetshe lokusila elingaphansi.

25Ekuvukeni kwakhe abanamandla bayesaba; ngenxa yevuso baphela amandla.

26Noma inkemba ifinyelela kuye, ayinakusiza, noma umkhonto nomcibisholo nengcula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

27Insimbi uyishaya utshani, nethusi ibunga.

28Umcibisholo awunakumxosha; amatshe endwayimana aphenduka amabibi kuye.

29Izagila uzishaya amabibi; uyahleka ukugunquza kwengcula.

30Ingaphansi lakhe linjengezindengezi ezibukhali; uyenaba njengesibhuqo odakeni.

31Wenza inzulu ibile njengekhanzi; wenza ulwandle lufane nomfuma wamafutha.

32Wenza umgudu ukhazimule emva kwakhe; kungathi utwa lungwevu.

33Emhlabeni akukho okufana naye owenziwa abe ngongesabiyo.

34Ubona konke okuphakemeyo; uyinkosi phezu kwabo bonke abantwana bokuzikhukhumeza.

## UJobe 42

### Ukuzithoba kukaJobe

1UJobe wayesemphendula uJehova, wathi:

2 Ngiyazi ukuthi ungenza konke; alinakuvinjwa icebo lakho.

3 Ngubani ositheza iziluleko engenakwazi na? Ngikhulumile lokho ngingakuqondanga, izimangaliso ezinkulu kunami ebengingazazi.

4 Ake ungizwe, kukhulume mina; ngiyakukubuza, wena ungazise.

5Ngangizwile ngawe ngokuzwa kwezindlebe, kepha manje iso lami liyakubona.

6 Ngalokho ngiyazinenga, ngizisole othulini nasemlotheni.

7Kwathi lapho uJehova esekhulumile lawo mazwi kuJobe, uJehova wathi ku-Elifazi umThemani: Intukuthelo yami iyavuthela wena nabangane bakho ababili, ngokuba anikhulumanga okulungileyo ngami njengenceku yami uJobe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Ngalokho zithatheleni izinkunzi eziyisikhombisa nezinqama eziyisikhombisa, niye encekwini yami uJobe, nizinikelele ngazo zibe ngumnikelo wokushiswa; uJobe inceku yami uyakunikhulekela, ngokuba uma ngivuma ubuso bakhe, angiyikwenza kini njengobuwula benu, lokhu ningakhulumanga okulungileyo ngami njengenceku yami uJobe.

9 Base behamba u-Elifazi umThemani, noBilidadi umShuhi, noSofari umNahama, benza njengokukhuluma kukaJehova kubo; uJehova wavuma-ke ubuso bukaJobe.

**Ukubusiswa kukaJobe**

10 UJehova wambuyisa uJobe ekuhluphekeni, lapho ekhulekela abangane bakhe; wenezela kukho konke uJobe ayenakho ngokukuphinda kabili.

11 Kwase kufika kuye bonke abafowabo, nabo bonke odadewabo, nabo bonke ababazana naye ngaphambili, badla endlini yakhe; bamkhalela, bamduduza ngakho konke okubi uJehova amehlisele khona, yilowo nalowo wamnika uhlamvu lwemali necici legolide.

12 Kanjalo uJehova wabusisa ukugcina kukaJobe kunokuqala kwakhe; waba nezimvu eziyizinkulungwane eziyishumi nane, namakamela ayizinkulungwane eziyisithupha, namabhangqa ayinkulungwane ezinkabi, nezimbongolo zezinsikazi eziyinkulungwane.

13Wayenamadodana ayisikhombisa namadodakazi amathathu.

14Wabiza igama leyokuqala ngokuthi uJemima, negama leyesibili ngokuthi uKesiya, negama leyesithathu ngokuthi uKereni Haphuki.

15Ezweni lonke akufunyanwanga abesifazane abahle njengamadodakazi kaJobe; uyise wabanika ifa phakathi kwabanewabo.

16 Emva kwalokho uJobe wayesekhona iminyaka eyikhulu namashumi amane, wabona amadodana akhe namadodana amadodana akhe kwaze kwaba yizizukulwane ezine.

17 Wafa-ke uJobe esemdala, esanelisiwe yizinsuku.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# AmaHubo

## AmaHubo 1

### Incwadi Yokuqala

Amahubo 1 -- 41

**Indlela yabalungileyo nendlela yababi**

1 Ubusisiwe umuntu ongahambi ngeziluleko zababi, ongemi endleleni yezoni, ongahlali enkundleni yabaklolodayo,

2 kepha okuthokoza kwakhe kusemthethweni kaJehova, ozindla ngomthetho wakhe imini nobusuku.

3 Unjengomuthi otshaliwe ngasemifuleni yamanzi, othela isithelo sawo ngesikhathi sawo, oqabunga lawo lingabuni, nakho konke akwenzayo uyakuba nenhlanhla kukho.

4 Ababi abanjalo, kepha banjengamakhoba aphephethwa ngumoya.

5 Ngalokho ababi abayikuma ekwahlulelweni, nezoni ebandleni labalungileyo.

6 Ngokuba uJehova uyayazi indlela yabalungileyo, kodwa indlela yababi yobhubha.

## AmaHubo 2

**Ogcotshiweyo kaJehova**

1 Kungani ukuba abezizwe baxokozele, nabantu bazindle ngokuyize na?

2 Amakhosi omhlaba ayazihlanganisa, nababusi baceba icebo ngoJehova nangogcotshiweyo wakhe ngokuthi:

3 Masigqabule izibopho zabo, silahle izintambo zabo, zisuke kithina.

4 Yena ohlezi ezulwini uyahleka, iNkosi iyabadelela.

5Ibisikhuluma kubo ngentukuthelo yayo, ibethuse ngolaka lwayo, ithi:

6 Nokho ngibekile iNkosi yami eSiyoni, intaba yami engcwele.

7 Ngizakulanda ngesinqumo: uJehova wathi kimi: Uyindodana yami wena; namuhla ngikuzele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

8 Cela kimi, ngikunike abezizwe babe yifa lakho, nemikhawulo yomhlaba ibe yimfuyo yakho.

9 Uzakubaphula ngentonga yensimbi, ubaphahlaze njengesitsha sombumbi.

10 Ngakho hlakaniphani nina makhosi; yalekani nina bahluleli bomhlaba.

11 Mkhonzeni uJehova ngokwesaba, nethabe ngokuthuthumela.

12 Yangeni indodana, ingaze ithukuthele, nibhubhe endleleni, ngokuba ulaka lwayo luyakuvutha masinyane. Babusisiwe bonke abaphephela kuyo.

## AmaHubo 3

### Ukukhala kohlushiweyo

Ihubo likaDavide ebalekela u-Abisalomu indodana yakhe.

1 Hhawu, Jehova, ziningi izitha zami. Baningi abangivukelayo.

2 Baningi abathi emphefumulweni wami: Akukho ukusinda kwakhe kuNkulunkulu. ***Sela***

3 Kepha wena Jehova uyisihlangu kimi, uludumo lwami nophakamisa ikhanda lami.

4 Ngezwi lami ngiyakhala kuJehova; yena uyangiphendula esentabeni yakhe engcwele. ***Sela***

5 Ngalala phansi, ngazunywa ngubuthongo; ngavuka, ngokuba uJehova ungiphasile.

6 Angesabi amashumi ezinkulungwane zabantu abangihaqile nxazonke.

7 Vuka, Jehova, ungisindise, Nkulunkulu wami, ngokuba zonke izitha zami uzishayile emhlathini, amazinyo ababi uwaphulile.

8 Insindiso ingekaJehova; isibusiso sakho masibe kubantu bakho. ***Sela***

## AmaHubo 4

### Umkhuleko womethemba uNkulunkulu

Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. Ihubo likaDavide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[1]Ngiphendule ekukhaleni kwami, Nkulunkulu wokulunga kwami. Ekucindezelweni wangenzela indawo; yiba nomusa kimi, uzwe umkhuleko wami.

[2]Madodana abantu, koze kube nini ubukhosi bami budunyazwa na? Koze kube nini nithanda okuyize, nifuna amanga, na? ***Sela***

[3]Yazini ukuthi uJehova uzahlukanisele omesabayo; uJehova uyezwa lapha ngikhala kuye.

[4] Thukuthelani ningoni; zindlani enhliziyweni yenu okhukhweni lwenu, nithule. ***Sela***

[5] Nikelani iminikelo yokulunga, nethembe uJehova.

[6] Baningi abathi: Ngubani oyakusibonisa okuhle na? Jehova, phakamisa ukukhanya kobuso bakho phezu kwethu.

[7] Ubeke injabulo enhliziyweni yami edlula eyamabele abo newayini labo sekuvamile.

[8] Ngizakucambalala ngokuthula, ngilale ubuthongo, ngokuba wena Jehova wedwa ungihlalisa ngokulondeka.

## AmaHubo 5

### Umkhuleko wocela ukuvikelwa kwababi

Kumholi wokuhlabelela. NgeNehiloti. Ihubo likaDavide.

[1] Yizwa amazwi ami, Jehova, uqaphele ukuzindla kwami.

[2]Yizwa izwi lokukhala kwami, Nkosi yami, Nkulunkulu wami, ngokuba ngithandaza kuwe.

[3] Jehova, ekuseni uyalizwa izwi lami; ekuseni ngiyakuzibika kuwe, ngilinde.

[4]Ngokuba wena awusiye uNkulunkulu othanda okubi; omubi akanakuhlala kuwe.

[5]Abazidlayo abayikuma phambi kwamehlo akho; uyabazonda bonke abenza okubi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Uyabhubhisa abakhuluma amanga; uJehova uyamenyanya umuntu wegazi nowenkohliso.

7Kepha mina ngiyakungena endlini yakho ngobuningi bomusa wakho, ngikhothame ngokukuhlonipha, ngibhekene nendawo yakho engcwele.

8 Jehova, ngihole ngokulunga kwakho ngenxa yezitha zami, ulungise indlela yakho phambi kobuso bami.

9 Ngokuba alikho iqiniso emlonyeni wabo; izibilini zabo zingukonakala: umphimbo wabo uyithuna elivulekileyo; bayathopha ngolimi lwabo.

10Balahle ngecala, Nkulunkulu. Mabawe ngenxa yamacebo abo, ubawise ngobuningi beziphambeko zabo, ngokuba bahlubukile kuwe.

11 Kepha mabajabule bonke abathemba kuwe, bahalalise kuze kube phakade, abathanda igama lakho bethabela kuwe.

12 Ngokuba wena Jehova uyambusisa olungileyo; umphahla ngomusa njengesihlangu.

## AmaHubo 6

**Umkhuleko wocela umusa ngesikhathi sokuhlupheka**

Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. NgeSheminti. Ihubo likaDavide.

1 Jehova, ungangijezisi ngentukuthelo yakho, ungangishayi ngolaka lwakho.

2 Yiba nomusa kimi, Jehova, ngokuba ngidangele; ngiphilise, Jehova, ngokuba amathambo ami ayathuthumela,

3 nomphefumulo wami uyathuthumela, kepha wena Jehova, koze kube nini na?

4 Buya, Jehova, ukhulule umphefumulo wami, ungisindise ngenxa yesihawu sakho.

5 Ngokuba akukho ukukhumbula wena ekufeni; ngubani oyakukubonga endaweni yabafileyo na?

6 Ngikhathele ukububula kwami; ngimanzisa icansi lami njalo ebusuku, ngimanzisa ukhukho lwami ngezinyembezi zami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Iso lami liyafiphala ngokudabuka; liyaguga ngenxa yezitha zami zonke.

8Dedani kimi nina nonke enenza okubi, ngokuba uJehova ulizwile izwi lokukhala kwami;

9uJehova uzwile ukunxusa kwami, uJehova uyamukela umkhuleko wami.

10 Zonke izitha zami ziyakujabha, zishaywe luvalo; ziyakuhlehla, zijabhe ngokuphazima kweso.

## AmaHubo 7

**Ukunxusa uJehova ukuba avikele abazingelwayo**

IShigayoni likaDavide alihubela uJehova ngenxa yamazwi kaKushe wakwaBenjamini.

1Jehova, Nkulunkulu wami, ngiyaphephela kuwe;

2ngisindise kubo bonke abangizingelayo, ungikhulule, bangaze bawudwengule umphefumulo wami njengengonyama eklebhula, kungekho okhululayo.

3Jehova Nkulunkulu wami, uma ngikwenzile lokho, uma kukhona okubi ezandleni zami,

4uma ngiphindise okubi kohlalisene nami ngokuthula, ngaphanga isitha sami kungekho sici,

5isitha masiwuzingele umphefumulo wami, siwufice, sikunyathele phansi ukuphila kwami, nesithunzi sami sisilahle phansi othulini. ***Sela***

6 Sukuma, Jehova, ngentukuthelo yakho, uvuke ngenxa yolaka lwezitha zami, ungimele; ngokuba uyalezile ukwahlulela.

7Umhlangano wezizwe mawukuphahle, ubuyele phezulu ngaphezu kwawo.

8 UJehova uyahlulela izizwe; ngahlulele, Jehova, ngokulunga kwami nangobuqotho bami obukimi.

9 Makuphele ukonakala kwababi, kepha olungileyo mawumqinise. Nguwe phela ohlola izinhliziyo nezinso, Nkulunkulu olungileyo.

10 Isihlangu sami sikuNkulunkulu osindisa abaqotho ngenhliziyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 UNkulunkulu ungumahluleli olungileyo; unguNkulunkulu othukuthela imihla yonke.

12 Uma umuntu engaphenduki, uyakulola inkemba yakhe, ansale umnsalo wakhe, awulungisele,

13 izikhali zokubulala azibhekisele kuye; imicibisholo uyenza ishise.

14 Unemihelo ngobubi; ukhulelwe ngukona, uzala amanga.

15 Umgodi uwumba, uwugubha, kepha ukhalakathela egebeni alenzileyo.

16 Ukwelelesa kwakhe kubuyela ekhanda lakhe; ubudlwangudlwangu bakhe behlela okhakhayini lwakhe.

17 Ngizakumbonga uJehova ngokokulunga kwakhe, ngihubele igama likaJehova oPhezukonke.

## AmaHubo 8

### Indodana yomuntu nenkazimulo yayo

Kumholi wokuhlabelela. NgeGititi. Ihubo likaDavide.

1 Jehova Nkosi yethu, igama lakho liyababazeka kangaka emhlabeni wonke! wena owabeka inkazimulo yakho ezulwini.

2 Ngomlomo wezingane nowabancelayo wagxilisa amandla ngenxa yabamelene nawe ukuba uthulise isitha nophindisayo.

3 Lapha ngibuka izulu lakho, umsebenzi weminwe yakho, inyanga nezinkanyezi ozimisileyo,

4 umuntu uyini ukuba umkhumbule, nendodana yomuntu ukuba uyinake na?

5 Wamenza waba ngaphansana kukaNkulunkulu, wamqhelisa ngenkazimulo nangobukhosi.

6 Wamenza abe ngumbusi phezu kwemisebenzi yezandla zakho; konke wakubeka phansi kwezinyawo zakhe:

7 izimvu, nezinkomo zonke, yebo, nezilwane zasendle,

8 nezinyoni zezulu, nezinhlanzi zolwandle, nakho konke okuhamba ezindleleni zolwandle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Jehova Nkosi yethu, igama lakho liyababazeka kangaka emhlabeni wonke!

## AmaHubo 9

### Ukwahlulela kukaNkulunkulu

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ukufa kwendodana. Ihubo likaDavide.

1 Ngiyakumbonga uJehova ngayo yonke inhliziyo yami; ngiyakulanda zonke izimangaliso zakho.

2 Ngiyakujabula, ngethabe kuwe; ngiyakudumisa igama lakho wena oPhezukonke,

3 ngokuba izitha zami zibuyela emuva, ziwa, zibhubha ebusweni bakho,

4 ngokuba ulimelele ilungelo lami nendaba yami, uhlezi esihlalweni sobukhosi, ungumahluleli olungileyo.

5 Ujezisile abezizwe, wabhubhisa ababi; igama labo ulesulile kuze kube phakade naphakade.

6 Izitha ziphelile, zachitheka kuze kube phakade; imizi wayisimbula, ukukhunjulwa kwayo kwaphela nya.

7 UJehova uyabusa kuze kube phakade; isihlalo sakhe sobukhosi usimisela ukwahlulela;

8 umhlaba uyakuwahlulela ngokulunga, athethe amacala ezizwe ngobuqotho.

9 UJehova uyinqaba yocindezelweyo, uyinqaba ezikhathini zokuhlupheka.

10 Nabalaziyo igama lakho bayakwethemba wena; ngokuba wena Jehova awubashiyi abakufunayo.

11 Hubani nimdumise uJehova ohlezi eSiyoni; memezelani ezizweni izenzo zakhe ezinkulu.

12 Ngokuba yena ophindisela igazi uyabakhumbula abahluphekayo; akakhohlwa ukukhala kwabo.

13 Yiba nomusa kimi, Jehova; kubone engihlupheka ngakho ngabangizondayo wena ongiphakamisa emasangweni okufa,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14ukuze ngilande ngalo lonke udumo lwakho, ngethabe ngokusindisa kwakho emasangweni endodakazi yaseSiyoni.

15 Abezizwe bashone phansi egebeni abalenzileyo; unyawo lwabo lubhajwe esihibeni abasifihlileyo.

16 UJehova uzazisile, wahlulela; umcuphile omubi emsebenzini wezandla zakhe. *Higayoni.* ***Sela***

17Ababi bayakubuyela endaweni yabafileyo, bonke abezizwe abakhohlwa uNkulunkulu.

18 Ngokuba ompofu kayikukhohlakala njalo; ithemba labahluphekayo aliyikunyamalala kuze kube phakade.

19Vuka, Jehova! Mawungavumi ukuba abantu bahlule; abezizwe mabahlulelwe ebusweni bakho.

20 Mabashaywe luvalo, Jehova; abezizwe mabazazi ukuthi bangabantu nje. ***Sela***

## AmaHubo 10

### Ukuchithwa kwababi

1 Jehova, umeleni kude na? Uzifihlelani ubuso ezikhathini zokuhlupheka na?

2 Ngokuqhosha komubi ompofu uyahlupheka; mababanjwe ngamacebo abawacebileyo.

3Ngokuba omubi uyazigabisa ngokufisa komphefumulo wakhe, nohulazayo uyamvalelisa, amdelele uJehova.

4 Omubi ngokuzikhukhumeza kobuso bakhe uthi: Akanaki lutho; akakho uNkulunkulu, injalo imicabango yakhe yonke.

5 Izindlela zakhe zithembekile izikhathi zonke; izahlulelo zakho ziphakeme kakhulu kunokubona kwakhe; zonke izitha zakhe uyazidelela.

6Uthi enhliziyweni yakhe: Angiyikuzanyazanyiswa; izizukulwane nezizukulwane angisoze ngehlelwa ngozi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

7 Umlomo wakhe ugcwele isiqalekiso nenkohliso nobudlova; ngaphansi kolimi lwakhe kukhona ukwelelesa nokonakala.

8Uhlezi ezindaweni zokuqamekela zemizi; ezindaweni ezisithekileyo uyambulala ongenacala; amehlo akhe ayamhlwaya othithibeleyo.

9 Endaweni esithekileyo uqamekela njengengonyama emphandwini wayo; uhlomele ukumbamba ohluphekileyo; uyambamba ohluphekileyo ngokumngenisa esihibeni sakhe.

10Uyanyonyoba, uyakhothama, abathithibeleyo bawe ngamazipho akhe.

11 Uthi enhliziyweni yakhe: UNkulunkulu ukhohliwe, ubusithezile ubuso bakhe; akasoze wakubona nanini.

12Vuka, Jehova! Nkulunkulu, phakamisa isandla sakho, ungakhohlwa abahluphekileyo.

13 Kungani ukuba omubi adelele uNkulunkulu, athi enhliziyweni yakhe: Awuyikukunaka, na?

14 Ubonile wena; ngokuba ukukhathazeka nokuhlupheka uyakubona wena ukuze ukubeke esandleni sakho; othithibeleyo uyazinikela kuwe; wena ungumsizi wentandane.

15 Yaphula ingalo yomubi; buphenyisise ububi besoni, ukuze ungabe usabufumana.

16 UJehova uyinkosi kuze kube phakade naphakade; abezizwe bayachithwa emhlabeni wakhe.

17Jehova, uyakuzwa ukulangazela kwabamnene; uyaqinisa inhliziyo yabo, indlebe yakho uyibeka kubo

18 ukuba wahlulele intandane nocindezelweyo, ukuze umuntu wasemhlabeni angabe esabanga uvalo.

## AmaHubo 11

### UJehova uyisiphephelo nomvikeli

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1Ngiyaphephela kuJehova; nisho kanjani kuwo umphefumulo wami ukuthi: Balekela entabeni yenu njengenyoni, na?

2 Ngokuba bhekani, ababi bawunsala umnsalo wabo, babeka imicibisholo yabo entanjeni ukuba bacibishele ebumnyameni abaqotho ngenhliziyo.

3Nxa izisekelo zidilizwa, olungileyo angenzani na?

4 UJehova usethempelini lakhe elingcwele, uJehova, isihlalo sakhe sobukhosi sisezulwini; amehlo akhe ayabuka, izinkophe zakhe ziyahlola abantwana babantu.

5 UJehova uyamhlola olungileyo; kepha omubi nothanda ubudlwangudlwangu umphefumulo wakhe uyamzonda.

6 Unisa izihibe phezu kwababi; umlilo nesibabule nomoya oshisayo kuyisabelo sendebe yabo.

7 Ngokuba uJehova ulungile, uyathanda ukulunga; oqotho uyakubheka ubuso bakhe.

## AmaHubo 12

### UJehova ungumsizi wabamelana namashayakhothe

Kumholi wokuhlabelela. NgeSheminiti. Ihubo likaDavide.

1 Siza, Jehova, ngokuba owesaba uNkulunkulu akasekho, ngokuba banyamalele abathembekileyo kubantwana babantu.

2Bakhuluma amanga, kwaba yilowo nalowo kumakhelwane wakhe; ngezindebe ezithophayo bakhuluma nganhliziyombili.

3 UJehova uyakunquma zonke izindebe ezithophayo, ulimi olukhuluma amazwi amakhulu,

4 abathi: Siyakunqoba ngolimi lwethu; izindebe zethu zinathi; ngubani oyinkosi phezu kwethu na?

5 Ngenxa yokubandezeka kwababahluphekileyo nangokububula kwabampofu ngizakuvuka kalokhu, usho uJehova, ngimbeke ekusindisweni akulangazelelayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Amazwi kaJehova angamazwi ahlanzekileyo, anjengesiliva elihlanjululwe esithandweni emhlabathini, lihlanjululwe kasikhombisa.

7 Wena Jehova uyakubagcina, ubavikele kulesi sizukulwane kuze kube phakade.

8 Abangamesabi uNkulunkulu bayashanguza nxazonke, lapho amanyala ephakeme kubantwana babantu.

## AmaHubo 13

### Umkhuleko wocela ukusizwa ekuhluphekeni

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

1 Koze kube nini, Jehova, ungikhohlwa njalonjalo na? Koze kube nini usitheza ubuso bakho kimi na?

2 Koze kube nini ngikhathazeka emphefumulweni wami, nginosizi enhliziyweni yami usuku lonke, na? Koze kube nini isitha sami siziphakamisa phezu kwami na?

3 Bheka neno, ungiphendule, Jehova Nkulunkulu wami; khanyisa amehlo ami, ngize ngingalali ubuthongo bokufa,

4 ukuze isitha sami singasho ukuthi: Ngimahlulile, funa abamelene nami bethabe lapha ngintengayo.

5 Kepha ngiwuthembile umusa wakho; inhliziyo yami izakwethaba ngensindiso yakho;

6 ngizakuhlabelela kuJehova, ngokuba ungenzele okuhle.

## AmaHubo 14

### Ubuwula nobubi babantu

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide.

1 Isiwula sithi enhliziyweni yaso: Akakho uNkulunkulu. Yonakele, iyanengeka imisebenzi yabo; akakho owenza okuhle.

2 UJehova uyabuka esezulwini abantwana babantu ukucinga ukuba ukhona yini oqondayo, ofuna uNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Baphambukile bonke, bonakele bonke; akakho owenza okuhle, akakho noyedwa.

4 Abaqondi lutho yini bonke abenza okubi, abadla abantu bami, njengokuba bedla isinkwa, bangakhuleki kuJehova, na?

5Khona besaba nokwesaba, ngokuba uNkulunkulu ukuso isizukulwane sabalungileyo.

6Icebo lohluphekileyo niyalijabhisa, kepha uJehova uyisiphephelo sakhe.

7Sengathi ukusindiswa kuka-Israyeli kungavela eSiyoni. Mhla uJehova ebuyisa ukuthunjwa kwabantu bakhe uJakobe uyakwethaba, u-Israyeli ajabule.

## AmaHubo 15

### Isimo songokaNkulunkulu

1 Jehova, ngubani oyakuhlala etendeni lakho na? Ngubani oyakwakha entabeni yakho engcwele na?

2 Yilowo ohamba ngobuqotho nowenza ukulunga, okhuluma iqiniso enhliziyweni yakhe,

3 ongahlebi ngolimi lwakhe, ongamoni umngane wakhe, nongamhlazi umakhelwane wakhe;

4 obuka onengekayo ngokuzakumenyanya, kepha ebazisa abamesabayo uNkulunkulu; ofunga ngokuzakumlimaza, nokho angalaphuli izwi lakhe;

5 ongatsheleki muntu imali yakhe ukuba izale, nongamukeli umvuzo ngongenacala; owenza lokhu akayikuzanyazanyiswa naphakade.

## AmaHubo 16

### Umkhuleko wongcwele kaNkulunkulu

IMiktamu likaDavide.

1 Ngilondoloze, Nkulunkulu, ngokuba ngiyaphephela kuwe.

2 Ngithi kuJehova: Wena uyiNkosi yami; anginakho okuhle ngaphandle kwakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Abangcwele abasemhlabeni, abayizikhulu, yonke intokozo yami ikubona.

4Ziningi izinhlupheko zabazizuzela omunye unkulunkulu; angiyikunikela ngeminikelo yabo yegazi; angiyikuwaphatha amagama abo ngezindebe zami.

5UJehova uyisabelo esahlukaniselwe mina, nendebe yami; wena uqinisa ifa lami.

6 Izabelo zingehlele ezindaweni ezinhle, yebo, nginalo ifa elihle.

7Ngiyakumbonga uJehova ongilulekayo; nasebusuku izinso zami ziyangiyala.

8 Ngimbeke uJehova njalo phambi kwami, ngokuba ungakwesokunene sami, angiyikuzanyazanyiswa.

9 Ngakho-ke inhliziyo yami iyajabula, nomphefumulo wami uyethaba, nenyama yami iyakuhlala ngokwethemba.

10 Ngokuba awuyikunikela umphefumulo wami endaweni yabafileyo; awuyikuvuma ukuba ongcwele wakho abone ukubola.

11 Uyakungazisa indlela yokuphila; ukugcwala kwenjabulo kusebusweni bakho; intokozo isesandleni sakho sokunene kuze kube phakade.

## AmaHubo 17

**Ithemba lozingelwayo engenacala**
Umkhuleko kaDavide.

1 Yizwa ukulunga, Jehova, ulalele ukukhala kwami, ubeke indlebe emkhulekweni wami ophuma ezindebeni ezingenankohliso.

2 Ukwahlulelwa kwami makuvele ebusweni bakho; amehlo akho mawabheke okulungileyo.

3 Uyalinga inhliziyo yami; ungihambele ebusuku, uyangihlolisisa, awufumani lutho; ngiyahlosa ukuba umlomo wami ungaphambuki.

4Emisebenzini yabantu ngiyazilinda, ezindleleni zezidlova ngezwi lezindebe zakho.

5 Izinyathelo zami zinamathela ezinyaweni zakho, izinyawo zami azisheleli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Ngikhala kuwe, ngokuba uyangizwa, Nkulunkulu; beka indlebe yakho kimi, uzwe izwi lami.

7Bonakalisa isihe sakho esimangalisayo wena osindisa ngesandla sakho sokunene labo abaphephela kuwe kwababahlaselayo.

8 Ngigcine njengenhlamvu yeso, ungisithe ethunzini lamaphiko akho

9kubo ababi abangilimazayo, kuzo izitha zokuphila kwami ezingihaqileyo.

10 Bavalelwe ngamanoni abo, bakhuluma ngokuzidla ngomlomo wabo.

11 Noma siyaphi, bayangizungeza; amehlo abo bawabhekisa kukho ukungiwisa phansi emhlabathini.

12Unjengengonyama ehahela ukubamba, njengebhongo lengonyama elilele ezindaweni ezisithekileyo.

13Vuka, Jehova, umhlangabeze, umwise phansi; sindisa umphefumulo wami komubi ngenkemba yakho,

14 nakubantu ngesandla sakho, Jehova, abantu baleli zwe abasabelo sabo sikulokhu kuphila, nabasisu sabo usigcwalisa ngengcebo yakho, nabashiyela izingane zabo okusele kubo.

15 Kepha mina ngiyakubuka ubuso bakho ekulungeni, ngisuthe ngesimo sakho ekuvukeni kwami.

## AmaHubo 18

### Ukumbonga uNkulunkulu ngezibusiso zakhe

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide, inceku kaJehova, owakhuluma amazwi aleli hubo kuJehova mhla uJehova emsindisile esandleni sezitha zakhe zonke nasesandleni sikaSawule. Wathi:

1Ngiyakuthanda, Jehova, mandla ami.

2 Jehova uyidwala lami, nenqaba yami, nomkhululi wami; uNkulunkulu wami uyidwala lami engiphephela kulo, nesihlangu sami, nophondo lokusindiswa kwami, inqaba yami ephakemeyo.

3 Ngiyamemeza kuJehova odumisekayo, ngisindiswe ezitheni zami.

4 Izintambo zokufa zangizungelezela, izikhukhula zokona zangethusa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Izintambo zasendaweni yabafileyo zangizungeza, izihibe zokufa zangehlela.

6 Ekuhluphekeni kwami ngambiza uJehova, ngakhala kuNkulunkulu wami; walizwa izwi lami esethempelini lakhe; ukukhala kwami phambi kwakhe kwangena ezindlebeni zakhe.

7 Umhlaba wawusuzamazama, wadikizela; izisekelo zezintaba zathuthumela, zagubhuzela ngokuba ethukuthele.

8Kwenyuka umusi emakhaleni akhe, nomlilo odlayo emlonyeni wakhe; amalahle avutha kuye.

9Wathobisa izulu, wehla; ubumnyama babuphansi kwezinyawo zakhe.

10 Wakhwela phezu kwekherubi, wandiza; washweza ngamaphiko omoya.

11 Ubumnyama wabenza isisibekelo, idokodo lakhe elimphahlayo; amanzi amnyama, amafu anzima.

12Ekukhazimuleni okuphambi kwakhe amafu akhe abanga phambili, isichotho namalahle avuthayo.

13 UJehova waduma ezulwini; oPhezukonke walizwakalisa izwi lakhe: isichotho namalahle avuthayo.

14 Wathuma imicibisholo yakhe, wabangquzula, nemibani eminingi, wabadidizelisa.

15Kwase kubonakala imisinga yamanzi; izisekelo zomhlaba zambulwa ngesijeziso sakho, Jehova, ngokufutha komoya wamakhala akho.

16 Waselula isandla sakhe ephezulu, wangibamba; wangikhipha emanzini amaningi.

17 Wangophula esitheni sami esinamandla nakubo abangizondayo, ngokuba base bengahlulile.

18 Bangihlasela ngosuku lwesigemegeme sami, kepha uJehova waba yinsika yami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Wangiphumisela endaweni ebanzi; wangikhulula, ngokuba ebethokoza
ngami.

20 UJehova wangivuza ngokokulunga kwami; wangibuyisela
njengokuhlanzeka kwezandla zami.

21Ngokuba ngizigcinile izindlela zikaJehova, angimukanga kuNkulunkulu
wami ngokushinga.

22Ngokuba yonke imithetho yakhe yayiphambi kwami, nezimiso zakhe
angivumanga ukuba zisuke kimi.

23 Ngangiphelele kuye; ngabuxwaya ububi.

24 UJehova wayesebuyisela kimi njengokulunga kwami, njengokuhlanzeka
kwezandla zami phambi kwamehlo akhe.

25Kothembekileyo uyazibonakalisa uthembekile; kumuntu oqotho
uzibonakalisa uqotho;

26 kohlanzekileyo uyazibonakalisa uhlanzekile; koyisigwegwe
uyazibonakalisa unenkani.

27 Ngokuba wena uyabasindisa abantu abathobekileyo, kepha amehlo
abaqhoshileyo uyawathobisa.

28 Ngokuba wena uyokhela isibani sami; uJehova uNkulunkulu wami
uyakhanyisa ubumnyama bami.

29 Ngokuba ngawe ngingahlasela impi; ngoNkulunkulu wami ngingeqa
ugange.

30 Indlela kaNkulunkulu iphelele; izwi likaJehova lihlanzekile; yena
uyisihlangu kubo bonke abaphephela kuye.

31 Ngokuba ngubani onguNkulunkulu ngaphandle kukaJehova, ngubani
oyidwala ngaphandle kukaNkulunkulu wethu na?

32uNkulunkulu ongibhincisa amandla, owenza indlela yami ilunge;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33 owenza izinyawo zami zibe njengezendluzelekazi, angimise emagqumeni
ami;

34 ofundisa izandla zami ukulwa, ukuze izingalo zami zinsale umnsalo
wethusi.

35 Wena unginikile isihlangu sensindiso yakho, isandla sakho sokunene
singisekele, nobumnene bakho bungikhulisile.

36 Amabanga okunyathela kwami uwandisile; amaqakala ami awaxegi.

37 Ngazixosha izitha zami, ngazifica; angibuyanga ngingakaziqedi.

38 Ngaziphahlaza, zaze zahluleka ukuvuka; zawa phansi kwezinyawo zami.

39 Wangibhincisa amandla okulwa; ababengivukele wabathobisa phansi
kwami.

40 Wangifulathelisela izitha zami, nabangizondayo ngabaqothula.

41 Bakhala, kepha akubangakho osindisayo, nakuJehova, kodwa akaze
aphendula.

42 Ngabacolisisa njengothuli emoyeni; ngabalahla njengensila ezitaladini.

43 Wangikhulula ezimpini zabantu; wangimisa ngaba yinhloko yabezizwe;
abantu engingabaziyo bangikhonza.

44 Banele ukungizwa nje ngendlebe, base bengilalela; abafo bazithoba phansi
kwami.

45 Abafo babuna, baphuma ezinqabeni zabo bethuthumele.

46 UJehova usekhona, malidunyiswe iDwala lami; makaphakanyiswe
uNkulunkulu wensindiso yami,

47 uNkulunkulu onginikile impindiselo, wathobisa izizwe phansi kwami;

48 ongikhululile ezitheni zami, yebo, ongiphakamisile phezu
kwabangivukelayo, wangikhulula kumuntu oyisidlwangudlwangu.

49 Ngalokho-ke ngizakukubonga phakathi kwabezizwe, Jehova, ngilihubele
igama lakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

50 Uyenza insindiso ibe nkulu enkosini yakhe; uyenza umusa kogcotshiweyo wakhe uDavide nasenzalweni yakhe kuze kube phakade.

## AmaHubo 19

### Ukuzibonakalisa kukaNkulunkulu ngokudala nangezwi lakhe

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

1 Amazulu ayalanda ngenkazimulo kaJehova, nomkhathi ushumayela umsebenzi wezandla zakhe.

2Usuku luyalandisa usuku inkulumo, nobusuku bushumayeza ubusuku ukwazi.

3Akukho ukukhuluma, awakho amazwi, lapho izwi lingezwakali khona.

4 Isilinganiso sawo siphumele emhlabeni wonke namazwi awo emkhawulweni womhlaba. Ulimisele ilanga itende kulo.

5Lona linjengomyeni ephuma ekamelweni lakhe; lijabulisa okweqhawe ukugijima endleleni yalo.

6Ukuphuma kwalo kusemkhawulweni wezulu; ukuzungeza kwalo kuya ekugcineni kwalo; akukho okufihlelwe ukushisa kwalo.

7 Umthetho kaJehova uphelele, uvusa umphefumulo; ukufakaza kukaJehova kuqinisile, kuhlakaniphisa oyisiwula.

8 Imiyalo kaJehova ilungile, ijabulisa inhliziyo; umyalezo kaJehova uhlanzekile, ukhanyisa amehlo.

9Ukumesaba uJehova kuhlanzekile, kumi kuze kube phakade; imithetho kaJehova iyiqiniso, ilungile yonke.

10 Inxanelekile kunegolide, kunegolide elihlanzekileyo eliningi; imnandi kunezinyosi, kunoju lwamakhekheba.

11 Nenceku yakho iyayalwa ngayo; oyigcinayo uyakuba nomvuzo omkhulu.

12 Ngubani owazi iziphosiso zakhe na? Ngithethelele kwezisithekileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Yilonde inceku yakho nasezonweni ezihlazisayo; mazingabusi phezu kwami. Yikhona ngiyakube ngiphelele, ngingabe ngisaba necala eziphambekweni ezinkulu.

14 Amazwi omlomo wami nokuzindla kwenhliziyo yami makuthandeke ebusweni bakho, Jehova, dwala lami nomhlengi wami.

## AmaHubo 20

### Abakwa-Israyeli bakhulekela inkosi yabo

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

1 UJehova makakuphendule ngosuku lokuhlupheka; igama likaNkulunkulu kaJakobe malikuvikele.

2Makakuthumele usizo lwasendlini engcwele, akusekele ngamandla aseSiyoni.

3Makakhumbule yonke iminikelo yakho yokudliwa, awamukele umnikelo wakho wokushiswa. ***Sela***

4 Makakunike njengokwenhliziyo yakho, afeze icebo lakho lonke.

5Siyahalalisa ngensindiso yakho, siphakamise ibhandela egameni likaNkulunkulu wethu; uJehova makagcwalise zonke izicelo zakho.

6Kalokhu ngiyazi ukuthi uJehova uyamsindisa ogcotshiweyo wakhe: esezulwini lakhe elingcwele uyamphendula ngamandla okusindisa esandla sakhe sokunene.

7 Abanye izinqola, abanye amahhashi, kepha thina sibonga igama likaJehova uNkulunkulu wethu.

8Bayathoba, bawe; kepha thina siyavuka, sime.

9Sindisa, Jehova! INkosi mayisiphendule ngosuku lokukhala kwethu.

## AmaHubo 21

### Abakwa-Israyeli bambonga uNkulunkulu ngokusinda kwenkosi yabo

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

1 Jehova, inkosi iyajabula ngamandla akho; iyethaba kangakanani ngensindiso yakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Uyinikile njengokwenhliziyo yayo, nesicelo sezindebe zayo awusinqabanga. ***Sela***

3 Ngokuba wayihlangabeza ngezibusiso zokuhle; wafaka umqhele wegolide elihle ekhanda layo.

4 Yacela ukuphila kuwe, wayinika khona, izinsuku ezinde kuze kube phakade naphakade.

5 Inkulu inkazimulo yayo ngenxa yensindiso yakho; udumo nobukhosi ukubeka phezu kwayo.

6 Ngokuba uyibeka ukuba ibe yisibusiso kuze kube phakade; uyithokozisa ngenjabulo ebusweni bakho.

7 Ngokuba inkosi iyethemba uJehova, nangenxa yesihawu soPhezukonke ayiyikuzanyazanyiswa.

8 Isandla sakho siyakufumana zonke izitha zakho; esokunene sakho siyakubafumana abakuzondayo.

9 Uyakubenza babe njengesithando somlilo, nxa ubonakalisa ubuso bakho; uJehova uyakubagwinya ngentukuthelo yakhe, umlilo uyakubaqeda.

10 Isithelo sabo uyakusichitha emhlabeni kanye nenzalo yabo phakathi kwabantwana babantu.

11 Ngokuba babehlosa okubi, baceba icebo; kepha bayahluleka.

12 Ngokuba uyakubafulathelisa; ngosinga lomnsalo wakho uyakukhomba ebusweni babo.

13 Mawuphakame, Jehova, emandleni akho; thina siyakuhlabelela, sidumise amandla akho.

## AmaHubo 22

### Isiprofetho ngenhlupheko nenkazimulo yolungileyo

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Indluzelekazi yokusa. Ihubo likaDavide.

1 Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na? Ukude namazwi okububula kwami nokusindiswa kwami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Nkulunkulu wami, ngikhala emini, kepha awuphenduli, nasebusuku, ngingabi nakuthula.

3 Kepha wena ungoNgcwele ohlezi ezibongweni zika-Israyeli.

4 Obaba bethu babekwethemba; babethemba, wena wabakhulula.

5 Bakhala kuwe, bakhululwa; bethemba wena, abaze bajabha.

6 Kepha mina ngiyimphethu, angisiye umuntu; ngiyisithuko sabantu, ngiyindelelo yabantu.

7 Bonke abangibonayo bayangiklolodela, baphukule imilomo, banikine amakhanda,

8 bathi: Zinikele kuJehova; makamsindise, amkhulule, njengokuba emthanda.

9 Impela nguwe owangikhipha esizalweni, wangikhoselisa ngasemabeleni kamame.

10 Ngaphonswa phezu kwakho kwasesizalweni; unguNkulunkulu wami kwasesizalweni sikamame.

11 Ungabi kude nami, ngokuba inhlupheko iseduze, nosizayo akakho.

12 Izinkunzi eziningi zingibunganyele, ezinamandla zaseBashani zingizungezile.

13 Zingikhamisele umlomo wazo njengengonyama edwengulayo nebhodlayo.

14 Ngichithiwe njengamanzi; onke amathambo ami enyele; inhliziyo yami injengengcina, incibilikile phakathi kwezibilini zami.

15 Amandla ami omile njengodengezi; ulimi lwami lunamathela olwangeni lwami; ungibeka othulini lokufa.

16 Ngokuba izinja ziyangibungayela; umbonda wababi ungizungezile; izandla zami nezinyawo zami bazibhobozile.

17 Ngingabala onke amathambo ami; bayabukela, bangibuke bengiklibhizela.

18 Babelana izingubo zami, benzelana inkatho ngesambatho sami.

19 Kepha wena Jehova mawungabi kude, wena mandla ami, shesha ungisize.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

20Sindisa umphefumulo wami enkembeni, ukuphila kwami emandleni ezinja.

21Ngisindise emlonyeni wengonyama; nasezimpondweni zezinyathi
uyangizwa.

22 Ngiyakushumayeza abafowethu igama lakho, ngikudumise phakathi
kwebandla.

23Nina enesaba uJehova, mbongeni; nina nonke nzalo kaJakobe, mdumiseni,
nimesabe nina nonke nzalo ka-Israyeli.

24 Ngokuba akadelelanga, akanengwanga yinhlupheko yohluphekayo;
akamfihlelanga ubuso bakhe, kepha nalapha ekhala kuye, wezwa.

25 Kuyakuvela kuwe ukudumisa kwami ebandleni elikhulu; izithembiso zami
ngiyakuzigcwalisa phambi kwabamesabayo.

26 Abamnene bayakudla, basuthe; abafuna uJehova bayakumdumisa;
inhliziyo yenu mayiphile kuze kube phakade.

27 Imikhawulo yonke yomhlaba iyakukhumbula, iphendukele kuJehova,
nezizukulwane zonke zezizwe ziyakukhuleka ebusweni bakho.

28 Ngokuba umbuso ungokaJehova; nguye obusa izizwe.

29 Bonke abacebileyo bomhlaba bayakudla, bakhuleke; bonke abehlela
othulini bayakukhothama phambi kwakhe, naye ongenakugcina
umphefumulo wakhe ekuphileni.

30 Inzalo iyakumkhonza; isizukulwane esizayo siyakulandiswa ngayo iNkosi.

31 Bayakuza bashumayele ukulunga kwayo kuso isizwe esiyakuzalwa
ngokuthi ikwenzile.

## AmaHubo 23

### UJehova ungumalusi omuhle

Ihubo likaDavide.

1 UJehova ungumalusi wami, angiyikuswela.

2 Uyangilalisa emadlelweni aluhlaza; uyangiyisa ngasemanzini okuphumula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Ubuyisa umphefumulo wami; uyangihola ezindleleni zokulunga ngenxa yegama lakhe.

4 Noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angesabi okubi, ngokuba wena unami, intonga yakho nodondolo lwakho ziyangiduduza.

5 Ulungisa itafula phambi kwami ebusweni bezitha zami; ugcoba ikhanda lami ngamafutha; indebe yami iyachichima.

6 Impela okuhle nomusa kuyakungilandela imihla yonke yokuphila kwami; ngiyakuhlala endlini kaJehova kuze kube phakade.

## AmaHubo 24

**Ukungena kweNkosi yenkazimulo ethempelini layo**

ElikaDavide. Ihubo.

1 Umhlaba ungokaJehova nokugcwala kwawo, izwe nabakhileyo kulo.

2 Ngokuba yena wawusekela phezu kwezilwandle, wawumisa phezu kwemifula.

3 Ngubani oyakukhuphukela entabeni kaJehova, ngubani oyakuma endaweni yakhe engcwele na?

4 Yilowo onezandla ezingenacala nenhliziyo ehlanzekileyo, ongaphenduleli umphefumulo wakhe emangeni nongafungi ngenkohliso.

5 Uyakwamukela isibusiso kuJehova nokulunga kuNkulunkulu wensindiso yakhe.

6 Yilesi esiyisizukulwane sabamfunayo; bona abasinga ubuso bakho bangabantwana bakaJakobe. ***Sela***

7 Phakamisani, masango, izinhloko zenu; nani minyango yaphakade, phakamani ukuba iNkosi yenkazimulo ingene.

8 Ingubani le Nkosi yenkazimulo na? InguJehova onamandla, oyiqhawe, uJehova oyiqhawe lokulwa.

9 Phakamisani, masango, izinhloko zenu; nani minyango yaphakade, phakamani ukuba iNkosi yenkazimulo ingene.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Ingubani le Nkosi yenkazimulo na? UJehova Sebawoti nguyena oyiNkosi yenkazimulo. ***Sela***

## AmaHubo 25

**Umkhuleko wocela ukubuswa nguNkulunkulu nokuvikelwa nguye**

ElikaDavide.

1Jehova, ngiphakamisela kuwena umphefumulo wami.

2Nkulunkulu wami, ngiyethemba kuwe; mawungangijabhisi; izitha zami mazingethabi ngami.

3 Yebo, akuyikujabha noyedwa kwabakulindelayo; bayakujabha abaphambuka ngeze.

4 Ngazise imendo yakho, Jehova; ngifundise izindlela zakho.

5Ngihambise eqinisweni lakho, ungifundise, ngokuba wena unguNkulunkulu wensindiso yami; ngilindela wena usuku lonke.

6 Khumbula, Jehova, ububele bakho nomusa wakho, ngokuba kukhona kwaphakade.

7Ungazikhumbuli izono zobusha bami neziphambeko zami; ngikhumbule ngokomusa wakho ngenxa yobubele bakho, Jehova.

8 UJehova muhle, ulungile; ngalokho ufundisa izoni indlela.

9Abathobekileyo ubaholela kokulungileyo, abathobekileyo ubafundisa indlela yakhe.

10 Zonke izindlela zikaJehova zingububele neqiniso kulabo abagcina isivumelwano sakhe nezifakazelo zakhe.

11Ngenxa yegama lakho, Jehova, ngithethelele ukona kwami, ngokuba kukhulu.

12 Ngumuphi umuntu omesaba uJehova na? Nguyena oyakufundiswa nguye indlela ayakuyikhetha.

13 Umphefumulo wakhe uzakuhlala ngokwenama, inzalo yakhe iyakuzuza izwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

14Ubuhlobo bukaJehova bukubo abamesabayo; uyakubazisa isivumelwano sakhe.

15 Amehlo ami akuye uJehova njalo, ngokuba nguyena okhipha izinyawo zami enetheni.

16Phendukela kimi, ube nomusa kimi, ngokuba nginesizungu, ngihluphekile.

17Izinsizi zenhliziyo yami zikhulile; ngikhiphe ezinhluphekweni zami.

18 Bheka ukuhlupheka kwami nosizi lwami, ungithethelele zonke izono zami.

19 Bheka izitha zami, ngokuba ziningi; ziyangizonda ngenzondo yonya.

20Londoloza umphefumulo wami, ungikhulule; mawungangijabhisi, ngokuba ngiphephela kuwe.

21Ukulunga nobuqotho makungilondoloze, ngokuba ngilindele wena.

22Nkulunkulu, hlenga u-Israyeli kuzo zonke izinkathazo zakhe.

## AmaHubo 26

**Umkhuleko wohlushwa engenacala**

ElikaDavide.

1 Ngahlulele, Jehova, ngokuba ngihamba ekulungeni kwami; ngithemba uJehova, angiyikuntenga.

2 Ngivivinye, Jehova, ungilinge; hlolisisa izinso zami nenhliziyo yami.

3Ngokuba ububele bakho buphambi kwamehlo ami; ngihamba eqinisweni lakho.

4 Angihlali nabantu bamanga, angihambelani nezimbulu.

5 Ngiyawuzonda umhlangano wabenza okubi, angihlali nababi.

6 Ngiyahlamba izandla zami ngingenacala, ngizungeza i-altare lakho, Jehova,

7 ukuba ngizwakalise izwi lokudumisa, ngilande ngazo zonke izimangaliso zakho.

8 Jehova, ngiyayithanda inkundla yendlu yakho nendawo lapho kuhlezi khona inkazimulo yakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ungamukisi umphefumulo wami kanye nezoni nokuphila kwami kanye nabantu begazi

10abanehlazo ezandleni zabo, nesokunene sabo sigcwele izipho zenkohliso.

11Kepha mina ngihamba ekulungeni kwami; ngihlenge, ube nomusa kimi.

12 Unyawo lwami lumi ebaleni; ngizakudumisa uJehova emihlanganweni.

## AmaHubo 27

### Ukujabulela uNkulunkulu nezwi lakhe

ElikaDavide.

1UJehova ungukukhanya kwami nensindiso yami; ngizakwesaba bani na? UJehova uyinqaba yokuphila kwami; ngizakuba novalo ngobani na?

2Ekusondeleni kwababi ukuba badle inyama yami abamelene nami nezitha zami bayakhubeka, bawe.

3 Noma impi imisa ngakimi, inhliziyo yami ayesabi; noma ngivukelwa ngukulwa, nokho nginethemba.

4 Kunye engikucele kuJehova, ngiyakufuna khona: ukuba ngihlale endlini kaJehova izinsuku zonke zokuphila kwami ukubona ubuhle bukaJehova, ngibuke ithempeli lakhe.

5 Ngokuba uyangithukusa edokodweni lakhe ngosuku lokuhlupheka, angicashise ekusithekeni kwetende lakhe, angiphakamisele edwaleni.

6Nakalokhu ikhanda lami lizakuphakama ngaphezu kwezitha zami ezingihaqileyo; ngizakunikela iminikelo yokwethaba etendeni lakhe, ngihlabelele, ngidumise uJehova ngogubhu.

7Yizwa, Jehova, ngikhala ngezwi elikhulu; yiba nomusa kimi, ungiphendule.

8 Kuwena othi: Funani ubuso bami, inhliziyo yami ithi: Ubuso bakho, Jehova, ngiyabufuna.

9 Ungafihli ubuso bakho kimi, ungaxoshi inceku yakho ngokuthukuthela; wena ulusizo lwami, ungangilahli, ungangishiyi, Nkulunkulu wensindiso yami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Ngokuba ubaba nomame bangishiyile, kodwa uJehova uzakungamukela.

11 Ngifundise indlela yakho, Jehova, ungihole endleleni ekhanyayo ngenxa
yezitha zami.

12 Unganginikeli entandweni yezitha zami; ngokuba ofakazi bamanga
bangivukele kanye nabafutha ukudlozomela.

13 Yeka, uma bengingathembanga ukubona okuhle kukaJehova ezweni
labaphilayo!

14 Lindela uJehova, uqine, inhliziyo yakho ime isibindi; yebo, lindela
uJehova.

## AmaHubo 28

**Umkhuleko wocela ukusizwa esandleni sababi**
ElikaDavide.

1 Ngikhala kuwe Jehova; Dwala lami, ungabi yisithulu kimi, funa kuthi, uma
uthula kimi, ngifane nabashona emgodini.

2Yizwa izwi lokunxusa kwami, nxa ngikhala kuwe, ngiphakamisela izandla
zami endaweni yakho engcwelengcwele.

3Ungangimukisi kanye nababi nabenza okubi abakhuluma ukuthula
nabakhelwane babo, kanti kukhona okubi ezinhliziyweni zabo.

4Banike njengokwenza kwabo nanjengobubi bemisebenzi yabo; banike
njengokwenza kwezandla zabo, baphindisele abakwenzileyo.

5 Ngokuba abayinaki imisebenzi kaJehova nokwenza kwezandla zakhe;
uyakubadiliza, angabakhi.

6Makabongwe uJehova, ngokuba ulizwile izwi lokunxusa kwami.

7 UJehova ungamandla ami nesihlangu sami; inhliziyo yami ithembe kuye,
ngasizwa; ngakho-ke inhliziyo yami iyethaba; ngizakumdumisa
ngesihlabelelo sami.

8 UJehova ungamandla abantu bakhe; uyinqaba yensindiso yogcotshiweyo
wakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Sindisa abantu bakho, ubusise ifa lakho, ubaluse, ubathwale kuze kube phakade.

## AmaHubo 29

### Izwi likaJehova esivunguvungwini

Ihubo likaDavide.

1 Mnikeni uJehova, nina madodana kaNkulunkulu, mnikeni uJehova udumo namandla.

2Mnikeni uJehova udumo lwegama lakhe, nikhuleke kuJehova emvunulweni engcwele.

3 Izwi likaJehova liphezu kwamanzi, uNkulunkulu wenkazimulo uyaduma; uJehova uphezu kwamanzi amakhulu.

4Izwi likaJehova linamandla; izwi likaJehova linenkazimulo.

5Izwi likaJehova liyaphula imisedari; uJehova waphula imisedari yaseLebanoni.

6ILebanoni ulitshekulisisa okwenkonyane, neSiriyoni njengethole lenyathi.

7Izwi likaJehova lidabula amalangabi omlilo.

8Izwi likaJehova lizamazamisa ihlane; uJehova uzamazamisa ihlane laseKadeshi.

9Izwi likaJehova liphunzisa izimbabala; lihluba amahlathi; nasethempelini lakhe konke kuthi: Udumo!

10 UJehova wayehlezi ebusa phezu kukazamcolo; uJehova uhlezi eyinkosi kuze kube phakade.

11 UJehova uzakunika abantu bakhe amandla; uJehova uzakubusisa abantu bakhe ngokuthula.

## AmaHubo 30

### Ukubonga kosindisiweyo ekufeni

Ihubo. Igama lokuvula indlu. ElikaDavide.

1Ngiyakuphakamisa, Jehova, ngokuba ungikhuphulile; awuvumanga ukuba izitha zami zijabule phezu kwami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

2 Jehova Nkulunkulu wami, ngakhala kuwe, wangiphilisa.

3 Jehova, umphefumulo wami uwukhuphulile endaweni yabafileyo, wangiphilisa phakathi kwabashona emgodini.

4 Dumisani uJehova nina enimkhonzayo, nibonge igama lakhe elingcwele.

5 Ngokuba ukuthukuthela kwakhe kuba ngokomzuzwana nje, umusa wakhe uba ngowokuphila konke; kusihlwa kungena ukukhala, ekuseni ukujabula.

6 Mina ngithe ekubuseni kwami: Angisoze nganyakaziswa naphakade.

7 Jehova, ngomusa wakho ubuwenzile ukuba iqine intaba yami; wabufihla ubuso bakho, ngase ngithuthumela.

8 Ngakhala kuwe Jehova; nganxusa kuJehova, ngathi:

9 Kukhona nzuzoni egazini lami nasekushoneni kwami egebeni na? Uthuli luzakukudumisa yini, lushumayele iqiniso lakho, na?

10 Yizwa, Jehova, ube nomusa kimi; Jehova, yiba ngumsizi wami.

11 Waphendula ukukhala kwami kwaba ngukusina; wangikhumula izingubo zami zokulila, wangembathisa ukujabula,

12 ukuze umphefumulo wami ukudumise, ungathuli; Jehova Nkulunkulu wami, ngizakukubonga kuze kube phakade.

## AmaHubo 31

### Ukumethemba uJehova

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

1 Ithemba lami ngilibeka kuwe Jehova; mawungangijabhisi naphakade; ngikhulule ngokulunga kwakho.

2 Beka kimi indlebe yakho, ungophule masinyane, ube yidwala eliqinileyo kimi, indlu yezinqaba yokungisindisa.

3 Ngokuba wena uyidwala lami nenqaba yami; ngenxa yegama lakho uyakungihola, ungiqondise.

4 Uyakungikhipha enetheni abangicuphe ngalo, ngokuba wena uyinqaba yami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Ngibeka umoya wami esandleni sakho; uyangihlenga, Jehova Nkulunkulu othembekayo.

6Ngiyabazonda abakhonza onkulunkulu abayize, kepha mina ngithemba uJehova.

7 Ngizakwethaba, ngijabule ngomusa wakho, ngokuba ukubonile ukuhlupheka kwami, wazinaka izinsizi zomphefumulo wami;

8awunginikelanga esandleni sesitha, wazimisa izinyawo zami endaweni ebanzi.

9 Yiba nomusa kimi, Jehova, ngokuba ngiyahlupheka; iso lami liyafa usizi, nomphefumulo wami nomzimba wami.

10 Ngokuba ukuphila kwami kuphelela osizini, neminyaka yami ekububuleni; amandla ami aphelile ngokona kwami, namathambo ami ancunzekile.

11Ngenxa yezitha zami zonke sengaba yisihlamba, ikakhulu kubakhelwane bami ngaba ngobesabisayo abangane bami; abangibona endleleni bayangibalekela.

12Sengakhohlakala enhliziyweni njengofileyo; nginjengesitsha esifileyo.

13 Ngokuba ngikuzwile ukuhleba kwabaningi ngokwesabisayo nxazonke; besenza icebo ngami bahlosa ukubulala umphefumulo wami.

14Kepha mina ngithemba wena Jehova; ngithi: UnguNkulunkulu wami.

15 Izikhathi zami zisesandleni sakho; ngikhulule esandleni sezitha zami nakwabangizingelayo.

16 Khanyisa ubuso bakho phezu kwenceku yakho; ngisindise ngomusa wakho.

17Jehova, mawungangijabhisi, ngokuba ngiyakubiza; mabajabhiswe ababi, bathuliswe endaweni yabafileyo.

18Mazithuliswe izindebe zamanga ezijivaza olungileyo ngokuzidla nangokweyisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Yeka ubukhulu bomusa wakho obagodlele wona abakwesabayo, owenzele
bona ababalekela kuwe, phambi kwabantwana babantu.

20 Ubafihla ekusithekeni kobuso bakho ngenxa yezigungu zabantu;
ubalondoloza edokodweni ekuxabaneni kwezilimi.

21 Makabongwe uJehova, ngokuba ungenzele umusa wakhe omangalisayo
emzini oqinileyo.

22Mina-ke ngithe ovalweni lwami: Ngixoshiwe emehlweni akho; nokho
walizwa izwi lokunxusa kwami ekukhaleni kwami kuwe.

23Mthandeni uJehova nina nonke enimkhonzayo; uJehova uyabalondoloza
abakholekileyo, amphindisele kakhulu ozidlayo.

24 Qinani, inhliziyo yenu ibe nesibindi, nina nonke enithemba uJehova.

## AmaHubo 32

### Ukuvuma izono nokuthethelelwa kwazo

ElikaDavide. IMaskili.

1 Ubusisiwe osiphambeko sakhe sithethelelwe, osono sakhe sisibekelwe.

2Ubusisiwe umuntu uJehova angambaleli isiphambeko, kungekho nkohliso
emoyeni wakhe.

3 Kwathi ngithule, amathambo ami aguga ngokububula kwami usuku lonke.

4 Ngokuba imini nobusuku isandla sakho sasinzima phezu kwami, uloya
lwami loma njengokomisa kwehlobo. ***Sela***

5 Ngasivuma isono sami kuwe, angisifihlanga isiphambeko sami; ngathi:
Ngizakuzivuma izono zami kuJehova, wena wathethelela icala lesono sami.
***Sela***

6 Ngakho-ke yilowo nalowo olungileyo makakhuleke kuwe ngesikhathi
sokukufumana; impela kuyakuthi lapho amanzi amakhulu ekhukhula,
angafinyeleli kuye.

7 Wena uyindawo yami yokucasha; uyangilondoloza ngingahlupheki;
ungiphahla ngenjabulo yokukhululwa. ***Sela***

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Ngizakukufundisa, ngikubonise indlela ozakuhamba ngayo; ngizakukululeka ngeso lami.

9 Ningabi njengehhashi nembongolo engenangqondo; umkhala netomu yimvunulo yayo yokuyiqondisa, uma ingasondeli kuwe.

10 Omubi unezinhlupheko eziningi, kepha othemba uJehova umusa uyakumphahla.

11 Jabulani kuJehova, nethabe nina balungileyo, nethabe nina nonke baqotho ngenhliziyo.

## AmaHubo 33

### Ukumdumisa uNkulunkulu uMninimandla onke ngenxa yezenzo zakhe ezinhle

1Yethabani kuJehova nina balungileyo; ukudumisa kubafanele abaqotho.

2 Bongani uJehova ngehabhu; mdumiseni ngogubhu oluzintambo ziyishumi.

3Mhubeleni ihubo elisha, nibethe kahle ngenhlokomo.

4 Ngokuba izwi likaJehova lilungile; zonke izenzo zakhe ziyakholeka.

5 Uthanda ukulunga nokwahlulela; umhlaba ugcwele umusa kaJehova.

6 Ngezwi likaJehova izulu lenziwa, namabandla onke ngomoya womlomo wakhe.

7 Ubuthela ndawonye amanzi olwandle njengenqwaba; uwabeka ajulileyo ezinqolobaneni.

8Umhlaba wonke mawumesabe uJehova; bonke abakhileyo ezweni mabathuthumele phambi kwakhe.

9 Ngokuba wakhuluma, kwaba khona; wayaleza, kwema khona.

10 UJehova uchitha icebo labezizwe; uphuthisa imicabango yabantu.

11 Icebo likaJehova limi phakade, nemicabango yenhliziyo yakhe ezizukulwaneni ngezizukulwane.

12 Sibusisiwe isizwe esiNkulunkulu waso nguJehova, isizwe asikhethileyo sibe yifa lakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

13 UJehova uyabheka esezulwini; uyababona bonke abantwana babantu.

14 Esendaweni lapho ehlala khona uyababuka bonke abakhileyo ezweni,

15 yena owadala izinhliziyo zabo bonke, oqaphela zonke izenzo zabo.

16 Ayikho inkosi esindiswa ngobuningi bempi yayo; isiqhwaga asikhululwa ngobukhulu bamandla aso.

17 Ihhashi liyize ekusindiseni, alihlangulisi ngobukhulu bamandla alo.

18 Bheka, iso likaJehova liphezu kwabamesabayo, abathemba umusa wakhe,

19 ukuba akhulule umphefumulo wabo ekufeni, abaphilise endlaleni.

20 Umphefumulo wethu ulindela uJehova; ungukusiza kwethu nesihlangu sethu.

21 Ngalokho inhliziyo yethu ithokoza ngaye, ngokuba sithemba igama lakhe elingcwele.

22 Umusa wakho, Jehova, mawube phezu kwethu, njengalokhu sithemba wena.

## AmaHubo 34

### Ukubonga umusa kaNkulunkulu

ElikaDavide mhla ezishaya uhlanya phambi kuka-Abimeleki owamxosha waze wamuka.

1 Ngiyakumbonga uJehova ngezikhathi zonke; ukudunyiswa kwakhe kuyakuba semlonyeni wami njalonjalo.

2 Umphefumulo wami uyakuzibonga ngoJehova; abathobekileyo bayakukuzwa, bajabule.

3 Mtuseni uJehova kanye nami, siphakamise igama lakhe kanyekanye.

4 Ngamfuna uJehova, wangiphendula; wangikhulula kulo lonke uvalo lwami.

5 Babheka kuye phezulu, bakhanya; ubuso babo abusoze bajabha.

6 Nasi isihlupheki esakhala, uJehova wezwa, wasikhulula kuzo zonke izinhlupheko zaso.

7 Ingelosi kaJehova iyamisa nxazonke kubo abamesabayo, ibakhulule.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Yizwani nibone ukuthi uJehova muhle; ubusisiwe lowo muntu ophephela kuye.

9 Mesabeni uJehova nina bangcwele bakhe, ngokuba abasweli lutho abamesabayo.

10 Amabhongo ezingonyama ayaswela, alambe, kepha abafuna uJehova abayikuswela lutho oluhle.

11Zanini, bantwana, ningilalele; ngizakunifundisa ukumesaba uJehova.

12 Ngumuphi umuntu othanda ukuphila, ofisa izinsuku zokuba abone okuhle na?

13 Londa ulimi lwakho kokubi, nezindebe zakho kukho ukukhuluma inkohliso.

14 Deda kukho okubi, wenze okuhle; funa ukuthula, ukujonge.

15 Amehlo kaJehova akubo abalungileyo; izindlebe zakhe zikukho ukukhala kwabo.

16 Ubuso bukaJehova bumelene nabenza okubi ukuba achithe ukukhunjulwa kwabo emhlabeni.

17 Labo bayakhala, uJehova uyezwa; uyabakhulula kuzo zonke izinhlupheko zabo.

18 UJehova useduze nabo abanenhliziyo eyaphukileyo; uyabasindisa abanomoya odabukileyo.

19Ziningi izinhlupheko zolungileyo, kepha uJehova uyamkhulula kuzo zonke.

20 Uyawagcina onke amathambo akhe; alaphulwa nelilodwa kuwo.

21Okubi kuyakumbulala omubi; abazonda olungileyo bayakulahlwa ngecala.

22UJehova ukhulula umphefumulo wezinceku zakhe; akakho kwabamethembayo oyakuba necala.

## AmaHubo 35

**Umkhuleko wocela ukusindiswa ezitheni**
ElikaDavide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

1Phikisana, Jehova, nabaphikisana nami, ulwe nabo abalwa nami.

2Thatha ihawu nesihlangu, uvuke, ungisize.

3Hosha umkhonto, uvimbe indlela kwabangizingelayo; yisho kuwo
umphefumulo wami, uthi: Mina ngiyinsindiso yakho.

4 Mabajabhe, bahlazeke abafuna umphefumulo wami; mababuyiselwe emuva,
bajabhiswe abangisongelayo.

5 Mababe njengamakhoba emoyeni, ingelosi kaJehova ibadudule.

6 Indlela yabo mayibe mnyama, ibebushelezi, ingelosi kaJehova ibaxoshe.

7 Ngokuba bangenzele ngasesitha igebe lenetha labo, kungekho sici, bembele
umphefumulo wami umgodi, kungekho cala.

8 Ukubhujiswa makumehlele engazelele; inetha lakhe alibeke ngasesitha
malimbambe yena; makawele kulo kube ngukubhujiswa kwakhe.

9Khona umphefumulo wami uzakwethaba kuJehova, uthokoze ngokusindisa
kwakhe.

10Onke amathambo ami azakuthi: Jehova, ngubani onjengawe, wena
okhulula ohluphekayo, yebo, ohluphekayo nompofu komphangayo, na?

11 Ofakazi abangalungile bayasukuma, babuza kimi engingakwaziyo.

12 Bangiphindisela okubi ngokuhle; umphefumulo wami bawusozisele.

13 Kanti ekuguleni kwabo mina ngangembethe ezokuzila; umphefumulo wami
ngawuhlupha ngokuzila ukudla; umkhuleko wami wabuyela esifubeni sami.

14Ngahamba kungathi bekungumngane wami nomfowethu; njengokhalela
unina ngakhothama ngokulila.

15 Kepha ekuweni kwami bahlekisa ngami, babuthana ndawonye; abashayi
engingabaziyo bangibunganyela; badumaza bengayeki.

16Njengezinteli ezikhonzela ucezu lwesinkwa bangigedlela amazinyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Nkosi, lokho uzakukubukela kuze kube nini na? Sindisa umphefumulo
wami ekubhubhiseni kwabo, ukuphila kwami ezingonyameni
ezingamabhongo.

18 Ngizakukubonga ebandleni elikhulu, ngikudumise phakathi kwabantu
abaningi.

19 Mabangajabuli ngami abayizitha zami bengenasizathu; mabangaqwayizi
amehlo abangizonda ngeze.

20 Ngokuba abakhulumi ukuthula, kepha baqamba amazwi enkohliso
ngabazithuleleyo emhlabeni.

21 Yebo, bangikhamisela kakhulu umlomo wabo, bathi: Ashila, ashila, iso
lethu liyabona!

22 Uyakubona, Jehova; mawungathuli; Nkosi, mawungabi kude nami.

23 Vuka, usukumele ukwahlulelwa kwami, Nkulunkulu wami, Nkosi yami,
umele icala lami.

24 Ngahlulele ngokulunga kwakho, Jehova Nkulunkulu wami; mabangajabuli
ngami.

25 Mabangasho enhliziyweni yabo ukuthi: He, kwaya ngesifiso sethu!
Mabangasho ukuthi: Simgwinyile.

26 Mabajabhe, babe namahloni bonke abajabula ngokuhlupheka kwami;
abazikhukhumeza ngami mabembathiswe ukujabha nendumazo.

27 Mabethabe, bajabule abathokoza ngokulunga kwami; mabathi njalonjalo:
Makadunyiswe uJehova othokoza ngenhlanhla yenceku yakhe.

28 Ulimi lwami luzakushumayela ngokulunga kwakho, usuku lonke ngodumo
lwakho.

## AmaHubo 36

**Ububi babantu nomusa kaNkulunkulu**

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide, inceku kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Inkulumo yesiphambeko komubi, isekujuleni kwenhliziyo yami, ithi: Akukho ukumesaba uNkulunkulu phambi kwamehlo akhe.

2 Ngokuba ukonakala kwakhe kuyamthopha emehlweni akhe, ukuze kungafunyanwa, azondeke ngakho.

3 Amazwi omlomo wakhe angukona nenkohliso; ukuyekile ukuhlakanipha nokwenza okulungileyo.

4 Uceba okubi ecansini lakhe, uzimisa endleleni engalungile; okubi kakwenyanyi.

5 Jehova, ububele bakho bufinyelela ezulwini, nokuthembeka kwakho kuze kube semafwini.

6 Ukulunga kwakho kunjengezintaba ezinkulukazi, ukwahlulela kwakho kulutwa olukhulu; usindisa abantu nezilwane, Jehova.

7 Ububele bakho, Nkulunkulu, buyigugu elingaka; abantwana babantu bakhosela ethunzini lamaphiko akho.

8 Bayakusutha ngamanoni endlu yakho, ubaphuzise okomfula wokuthokoza kwakho.

9 Ngokuba ukuwe umthombo wokuphila; ekukhanyeni kwakho siyakubona ukukhanya.

10 Mawume umusa wakho kubo abakwaziyo, nokulunga kwakho kubo abaqotho ngenhliziyo.

11 Unyawo loziqhenyayo malungangifikeli; nesandla somubi masingangixoshi.

12 Bheka, bawile abenza okubi; bawiswe phansi, abasenakuvuka.

## AmaHubo 37

### Ubuze benhlanhla yababi

ElikaDavide.

1 Ungazikhathazi ngababi, ungabi namhawu ngabenza okungalungile.

2 Ngokuba bayakusikwa masinyane njengotshani, babune njengemithana eluhlaza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Themba kuJehova, wenze okulungileyo; hlala ezweni, uzondle ngokukholeka;

4 zithokozise ngoJehova, yikhona ezakukunika okufiswa yinhliziyo yakho.

5 Nikela indlela yakho esandleni sikaJehova, umethembe; yena uzakukwenza.

6 Uzakuhlalukisa ukulunga kwakho njengokukhanya, nokufanele wena njengemini.

7 Thula phambi kukaJehova, ulindele yena; ungakhathazeki ngonenhlanhla endleleni yakhe, ngomuntu osongoza amacebo amabi.

8 Pheza ukuthukuthela; yeka ulaka, ungakhathazeki; kubanga ukona nje.

9 Ngokuba ababi bazakuchithwa, kepha abalindela uJehova bazakudla ifa lomhlaba.

10 Kuse ngumzuzwana, omubi angabe esabakho; kuyakuthi lapho uhlola indawo yakhe, uyakube engasekho.

11 Kepha abathobekileyo bazakulidla ifa lomhlaba, bathokoze ngokuthula okukhulu.

12 Omubi uyamsongela olungileyo ngokubi, amgedlele amazinyo.

13 INkosi iyakumhleka, ngokuba iyabona ukuthi usuku lwakhe luyeza.

14 Ababi bahosha inkemba, bansale umnsalo wabo ukuba bamwise phansi ohluphekileyo nompofu, babulale abandlela ilungile.

15 Inkemba yabo izakungena kweyabo inhliziyo, iminsalo yabo yaphulwe.

16 Okuncane anakho olungileyo kungcono kunemfuyo yababi abaningi.

17 Ngokuba izingalo zababi ziyakwaphulwa, kepha uJehova uyabaphasa abalungileyo.

18 UJehova uyazazi izinsuku zabaqotho; ifa labo liyakuma kuze kube phakade.

19 Abayikujabha esikhathini esibi; bayakusutha ezinsukwini zendlala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Ngokuba ababi bayakubhubha; izitha zikaJehova zinjengobuhle bamadlelo: ziyakunyamalala, zinyamalale njengentuthu.

21 Omubi uyatsheleka, angabuyiseli; kepha olungileyo unesihawu, aphane.

22 Ngokuba ababusisiweyo bakhe bazakulidla ifa lomhlaba, kepha abaqalekiswa nguye bazakuchithwa.

23 Izinyathelo zomuntu ziqiniswa nguJehova; uyayithanda indlela yakhe.

24 Noma ekhubeka, akayikuwa phansi, ngokuba uJehova uphasa isandla sakhe.

25 Kade ngimusha, manje sengimdala; angizange ngibone olungileyo eshiyiwe nenzalo yakhe iphanza ukudla.

26 Usuku lonke uyahawukela, atsheleke, nenzalo yakhe iyisibusiso.

27 Deda kokubi, wenze okuhle, uyakuhlala kuze kube phakade.

28 Ngokuba uJehova uthanda ukulunga, akabashiyi abangcwele bakhe; bayalondolozwa kuze kube phakade, kepha inzalo yababi iyachithwa.

29 Abalungileyo bazakudla ifa lomhlaba, bahlale kuwo njalonjalo.

30 Umlomo wolungileyo ushumayela ukuhlakanipha; ulimi lwakhe lukhuluma ukulunga.

31 Umthetho kaNkulunkulu wakhe usenhliziyweni yakhe; izinyathelo zakhe azisheleli.

32 Omubi uqaphela olungileyo, ufuna ukumbulalala.

33 UJehova akayikumnikela esandleni sakhe; akayikumlahla lapho ahlulelwa khona.

34 Lindela uJehova, ulonde indlela yakhe; uzakukuphakamisa, udle ifa lomhlaba, ubukele lapho ababi bechithwa khona.

35 Ngambona omubi oyisidlova ezenabisile njengomuthi oluhlaza ogxilileyo;

36 kwathi lapho umuntu edlula, bheka, wayengasekho; ngamfuna, kepha akabe esafunyanwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37Mbhekisise ongasolekiyo, umbone oqotho; ngokuba umuntu wokuthula,
ukugcina kwakhe kuhle.

38 Kepha abaphambukayo bayakubhujiswa bonke; isikhathi sababi
siyakunqunywa.

39 Ukusindiswa kwabalungileyo kuvela kuJehova; uyinqaba yabo esikhathini
sokuhlupheka.

40 UJehova uyabasiza, abakhulule; ubakhulula kwababi, abasindise, ngokuba
bayamethemba.

## AmaHubo 38

**Umkhuleko wophendukileyo ecela ukukhululwa**

Ihubo likaDavide. Elokukhumbuza.

1 Jehova, ungangijezisi ngentukuthelo yakho, ungangishayi ngolaka lwakho.

2 Ngokuba imicibisholo yakho ingihlabile; isandla sakho singicindezele
kanzima.

3Akukho ukuphila enyameni yami ngenxa yentukuthelo yakho; akukho
ukuthula emathanjeni ami ngenxa yesono sami.

4Ngokuba iziphambeko zami zeqile phezu kwekhanda lami; njengomthwalo
osindayo ziyangisinda.

5 Izilonda zami ziyanuka, zichicha ubovu ngenxa yobuwula bami.

6Ngikhonkobele, ngithotshisiwe kakhulu; usuku lonke ngihamba ngilila.

7Ngokuba ukhalo lwami lutshutshumba kakhulu; akukho ukuphila enyameni
yami.

8Ngibuthakathaka, ngidubekile kabi; ngiyakhala ngenxa yokugqiha
kwenhliziyo yami.

9Nkosi, ukufisa kwami konke kuphambi kwakho; ukububula kwami
akufihlekile kuwe.

10Inhliziyo yami iyagquma kakhulu; amandla ami angishiyile, ngisho
nokukhanya kwamehlo ami akusekho kimi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Abathandekayo bami nabahlobo bami bemi kude nokuhlupheka kwami; abakwethu bemi kude laphaya.

12Abafuna umphefumulo wami bayangicupha; abafuna ukungilimaza bakhuluma okubi, bazindla inkohliso usuku lonke.

13 Mina kodwa nginjengesithulu, angizwa; nginjengesimungulu esingavuli umlomo waso.

14Yebo, nginjengomuntu ongezwayo; akukho ukuphikisa emlonyeni wakhe.

15Ngokuba ngithemba wena Jehova; wena Nkosi Nkulunkulu wami uzakuphendula.

16Ngokuba ngithe: Funa bajabule ngami, ekusheleleni konyawo lwami bazikhukhumeze ngami.

17Ngokuba ngiseduze kokuwa, nobuhlungu bami buphambi kwami ngezikhathi zonke.

18Ngokuba ngiyabika ukona kwami; ngiyadabuka ngesono sami.

19 Kepha izitha zami ziphilile, zinamandla; baningi abangizonda ngeze.

20 Abaphindisela okubi ngokuhle bamelene nami, ngokuba ngilandela okulungileyo.

21Ungangishiyi, Jehova; Nkulunkulu wami, ungabi kude nami.

22 Phuthuma, ungisize, Nkosi, nsindiso yami.

## AmaHubo 39

### Ukukhala kohluphekile kanzima

Kumholi wokuhlabelela; kuJeduthuni. Ihubo likaDavide.

1 Ngithe: Ngizakulinda izindlela zami ukuba ngingoni ngolimi lwami; ngizakugcina umlomo wami ngesifonyo, omubi esekhona phambi kwamehlo ami.

2 Ngabindela impela, ngathula nakukho okuhle; kwavuswa ubuhlungu bami.

3 Inhliziyo yami yavutha phakathi kwami; kwaphembeka umlilo ngisazindla; ngakhuluma ngolimi lwami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Jehova, ngazise ukuphela kwami, nesilinganiso sezinsuku zami ukuba siyini; mangazi ukuthi ngingodlulayo.

5 Bheka, izinsuku zami wazenza zaba ngangobubanzi besandla; imihla yokuphila kwami ayilutho kuwe; impela yilowo nalowo muntu ungumoya nje, noma eqine kangakanani. ***Sela***

6 Impela umuntu uhamba njengesithunzi nje; impela uzikhathaza ngokuyize nje; unqwabela imfuyo, kepha akazi ukuthi ngubani ozakuyibutha.

7 Kalokhu-ke, Nkosi, ngilindele ntoni na? Ithemba lami likuwe.

8Ngisindise kuzo iziphambeko zami, ungangenzi isithuko sesiwula.

9 Ngiyathula, angivuli umlomo wami; ngokuba nguwe okwenzileyo.

10Susa kimi ukushaya kwakho, ngokuba ngiyaqedwa ngukushaywa yisandla sakho.

11 Nxa ulaya umuntu ngesijeziso ngenxa yeziphambeko, ubuhle bakhe ubenza buphele njengenundu; yilowo nalowo muntu ungumoya nje. ***Sela***

12 Yizwa umkhuleko wami, Jehova, ulalele ukumemeza kwami; ungathuli ngezinyembezi zami, ngokuba ngingumfokazi kuwe; ngiyisihambi njengokhokho bami bonke.

13 Yeka ukungibuka, ngize ngincibilike, ngingakamuki lapha, ngingabe ngisabakho.

## AmaHubo 40

### Ukwethemba insindiso evela kuJehova

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Ihubo.

1 Bengilindela uJehova; wayesezikhothamisela kimi, wezwa ukukhala kwami.

2 Wangikhipha emgodini wokubhujiswa odakeni lobishi, wamisa izinyawo zami edwaleni, waqinisa izinyathelo zami.

3Wabeka igama elisha emlonyeni wami, igama lokubonga uNkulunkulu wethu; abaningi bayakukubona, besabe, bamethembe uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Ubusisiwe umuntu obeka ithemba lakhe kuJehova, ongaphendukeli kwabazidlayo nakwabaphambukela emangeni.

5 Jehova Nkulunkulu wami, ziningi izimangaliso zakho ozenzileyo, nezizindlo zakho ngathi; akukho okungafaniswa nawe; uma ngiyilanda, ngiyisho, miningi kunokuba ibalwe.

6 Umhlatshelo nomnikelo wokudla awuwuthandi; izindlebe zami uzibhobozile; umnikelo wokushiswa nomnikelo wesono awuwubizi.

7 Ngase ngithi: Bheka, ngiyeza; encwadini esongwayo kulotshiwe ngami ukuthi:

8 Ngiyathanda ukwenza intando yakho, Nkulunkulu wami, nomthetho wakho usenhliziyweni yami.

9 Ngishumayelile ukulunga ebandleni elikhulu; bheka, angizivalanga izindebe zami; Jehova, wena uyakwazi.

10Ukulunga kwakho angikuthukusanga enhliziyweni yami; ngashumayela ukukholeka kwakho nensindiso yakho; umusa wakho neqiniso lakho angikufihlelanga ibandla elikhulu.

11 Wena Jehova ungangigodleli ububele bakho; umusa wakho neqiniso lakho makungilonde njalo.

12 Ngokuba izinhlupheko ezingenakubalwa zingihaqile, iziphambeko zami zingificile, angaze ngaba nakubona; ziningi kunezinwele zekhanda lami; inhliziyo yami ingishiyile.

13Makuthandeke kuwe Jehova ukuba ungikhulule; Jehova, mawuphuthume ungisize.

14 Mabajabhe, babe namahloni bonke abafuna umphefumulo wami ukuba bawuhlwithe; abafisa ukulimala kwami mababuyiselwe emuva, bajabhiswe.

15Mabashaqeke ngenxa yehlazo labo abathi kimi: Ashila, ashila!

16 Mabethabe, bajabule kuwe bonke abakufunayo; abathanda insindiso yakho mabasho njalo, bathi: Makadunyiswe uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Noma ngihlupheka, ngimpofu, iNkosi iyanginaka; wena ungumsizi wami
noMsindisi wami; Nkulunkulu wami, mawungalibali.

## AmaHubo 41

### Ukukhala ngokuhlupheka nokuzingelwa

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

1 Ubusisiwe onakekela ohluphekayo; uJehova uyakumsindisa osukwini olubi.

2 UJehova uyakumlondoloza, amphilise; uyakubusiswa emhlabeni;
awuyikumnikela entandweni yezitha zakhe.

3 UJehova uyakumphasa ecansini egula; wena uyakuguqula ukhukho lwakhe
ekuguleni kwakhe.

4Mina ngithi: Jehova, ngihawukele, uphulukise umphefumulo wami, ngokuba
ngonile kuwe.

5Izitha zami zikhuluma okubi ngami, zithi: Uzakufa nini, igama lakhe
lichitheke, na?

6Nalapho kuza ozongibona, ukhuluma amanga; inhliziyo yakhe izibuthela
ukonakala, abesephuma akhulume ngakho.

7 Bonke abangizondayo banyenyezelana ngami: bangisongozela okubi, bathi:

8 Into embi inamathele kuye; olele phansi kasayikululama.

9 Yebo, nomhlobo wami ebengimethemba, obedla isinkwa sami,
ungiphakamisele isithende sakhe.

10Kepha wena Jehova, ngihawukele, ungilulamise, ukuze ngibaphindisele.

11Ngalokho ngiyazi ukuthi uyangithanda, ngokuba isitha sami asihalalisi
phezu kwami.

12 Mina uyangimisa ebuqothweni bami; uyangibeka phambi kobuso bakho
kuze kube phakade.

13Makabongwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, kusukela phakade kuze
kube phakade. Amen, Amen.

## AmaHubo 42

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## Incwadi Yesibili

Amahubo 42 -- 72

### Ukulangazelela uNkulunkulu nendlu yakhe

Kumholi wokuhlabelela. IMaskili lamadodana kaKora.

1 Njengendluzele ilangazelela amanzi emifula, kanjalo umphefumulo wami ulangazelela wena Nkulunkulu.

2 Umphefumulo wami womela uNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo; ngiyakufika nini, ngibonakale phambi kukaNkulunkulu, na?

3 Izinyembezi zami zingukudla kwami imini nobusuku, ngokuba usuku lonke bathi kimi: Uphi uNkulunkulu wakho na?

4 Ngiyakukhumbula lokhu, ngithulule umphefumulo wami phakathi kwami, njengalokho ngangihamba esixukwini ngiya naso endlini kaNkulunkulu ngenhlokomo yokwethaba nokubonga, ibandla ligubha umkhosi.

5 Yini ukuba udangale, mphefumulo wami, uyaluze phakathi kwami, na? Methembe uNkulunkulu, ngokuba ngisezakumdumisa ngokusindisa kobuso bakhe.

6 Nkulunkulu wami, umphefumulo wami udangele phakathi kwami; ngakhoke ngikhumbula wena ezweni laseJordani, nakwelamaHermoni, nasentabeni yaseMisari.

7 Utwa lubizana notwa ekuhlokomeni kwezimpophoma zakho; onke amadlambi akho namaza akho eqile phezu kwami.

8 Emini uJehova uyaleza umusa wakhe; ebusuku isihlabelelo sakhe sikimi, ngikhuleke kuNkulunkulu wokuphila kwami.

9 Ngizakuthi kuNkulunkulu, iDwala lami: Ungikhohlweleni na? Ngihambelani ngilila, ngicindezelwe yisitha, na?

10 Kunjengokuphohlozwa kwamathambo ami, nxa izitha zami zingiklolodela, zithi kimi usuku lonke: Uphi uNkulunkulu wakho na?

11 Yini ukuba udangale, mphefumulo wami, uyaluze phakathi kwami, na? Methembe uNkulunkulu, ngokuba ngisezakumdumisa yena oyinsindiso yobuso bami noNkulunkulu wami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## AmaHubo 43

### Ukukhuleka kuNkulunkulu, umahluleli wezinto zonke

1 Ngahlulele, Nkulunkulu ungimele endabeni yami esizweni esingenamusa, ngikhulule kumuntu wenkohliso nongenakulunga.

2 Ngokuba wena Nkulunkulu uyisiphephelo sami; ungilahleleni na? Ngihambelani ngilila, ngicindezelwe yisitha, na?

3 Thuma ukukhanya kwakho neqiniso lakho, kungihole, kungiyise entabeni yakho engcwele nasezindlini zakho,

4 ngize ngifike kulo i-altare likaNkulunkulu, kuNkulunkulu wenjabulo yokwethaba kwami, ngikudumise ngehabhu, Nkulunkulu, Nkulunkulu wami.

5 Yini ukuba udangale, mphefumulo wami, uyaluze phakathi kwami, na? ngisezakumdumisa yena oyinsindiso yobuso bami noNkulunkulu wami.

## AmaHubo 44

### Umkhuleko wabahlulwe yizitha

Kumholi wokuhlabelela. Elamadodana kaKora. IMaskili.

1 Nkulunkulu, sizwile ngezindlebe zethu, okhokho besilandisa ngesenzo owasenzayo emihleni yabo, emihleni yasendulo.

2 Nguwe owabaxosha abezizwe ngesandla sakho, kepha bona wabatshala; wazichitha izizwe, kepha bona wabandisa.

3 Ngokuba abalidlanga izwe ngenkemba yabo, nengalo yabo ayibasindisanga; kepha kwaba yisandla sakho sokunene, nengalo yakho, nokukhanya kobuso bakho, ngokuba wawubathanda.

4Wena Nkulunkulu uyinkosi yami; yaleza ukusindiswa kukaJakobe.

5 Ngawe sizakulahla phansi izitha zethu; ngegama lakho sizakunyathela abasivukelayo.

6 Ngokuba angiwethembi umnsalo wami, nenkemba yami ayingisindisi;

7kepha nguwe owasisindisa ezitheni zethu, wajabhisa abasizondayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Sizincoma ngoNkulunkulu usuku lonke; igama lakho siyalibonga kuze kube phakade. ***Sela***

9 Nokho ususilahlile, wasijabhisa; awusaphumi nezimpi zethu.

10 Usihlehlisela emuva esitheni; abasizondayo bayaziphangela.

11 Usinikezele ukudliwa njengezimvu, wasihlakaza phakathi kwabezizwe.

12 Uthengisa ngesizwe sakho ngokuyize; awuzuzi lutho ngokubiza ngaso.

13 Usenza isihlamba kubakhelwane bethu, inhlekiso nendumazo kwabasiphahlileyo.

14 Usenza isaga kwabezizwe, banikine ikhanda phakathi kwabantu.

15 Usuku lonke ukudunyazwa kwami kuphambi kwami, namahloni amboza ubuso bami

16 ngenxa yoklolodayo nojivazayo, ngenxa yesitha nomphindiseli.

17 Konke lokho kusehlele, kodwa asikukhohlwanga wena; asisaphulanga isivumelwano sakho.

18 Inhliziyo yethu ayibuyelanga emuva; izinyathelo zethu aziphambukanga endleleni yakho,

19 uze usiphahlaze endaweni yezimpungushe, usimboze ngethunzi lokufa.

20 Uma ngabe sikhohliwe igama likaNkulunkulu wethu, sazelulela izandla zethu kunkulunkulu mumbe,

21 uNkulunkulu ubengayikukuhlola na? Ngokuba yena uyazazi izimfihlakalo zenhliziyo.

22 Yebo, ngenxa yakho sibulawa usuku lonke, siphathiswa okwezimvu zokuhlatshwa.

23 Vuka, Nkosi! Ulaleleni na? Vuka, ungasilahli njalonjalo.

24 Ubufihlelani ubuso bakho, ukhohlwe ukuhlupheka nokucindezelwa kwethu, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

25Ngokuba umphefumulo wethu ukhothamele othulini; umzimba wethu unamathele emhlabathini.

26Sukuma, usisize, usihlenge ngenxa yomusa wakho.

## AmaHubo 45

### Inkosi nomlobokazi wayo

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Iminduze. Elamadodana kaKora. IMaskili. Igama lothando.

1 Inhliziyo yami iyachichima ngendaba enhle; ngikhuluma igama engiliqambe ngenkosi; ulimi lwami lulusiba loloba ngokushesha.

2 Umuhle wena kunabantwana babantu; ubuhle buthululelwe ezindebeni zakho; ngakho-ke uNkulunkulu ukubusisile kuze kube phakade.

3Bophela inkemba yakho okhalweni lwakho wena qhawe, kube ngukuphakama kwakho nobukhosi bakho.

4 Hlahlameleka ebukhosini bakho, uqhubeke ngenxa yeqiniso nokuthobeka nokulunga; isandla sakho sokunene siyakukufundisa izinto ezesabekayo.

5Imicibisholo yakho ibukhali, izizwe ziyawa phansi kwakho; isenhliziyweni yezitha zenkosi.

6 Isihlalo sakho sobukhosi, Nkulunkulu, singesaphakade naphakade; intonga yobuqotho iyintonga yombuso wakho.

7Ukuthandile ukulunga, wakuzonda okubi: ngakho-ke uNkulunkulu, uNkulunkulu wakho, ukugcobile ngamafutha enjabulo ngokungaphezu kwabangane bakho.

8Zonke izingubo zakho ziqholiwe ngenhlaka, nenhlaba, nekasiya; ezindlini zobukhosi zophondo lwendlovu ukubethwa kwezingubhu zezintambo kukujabulisile.

9Amadodakazi amakhosi aphakathi kwabesifazane bakho abadumileyo; inkosikazi imi ngakwesokunene sakho, ihlobe igolide lase-Ofiri.

10 Mawuzwe-ke, ndodakazi, uqaphele, ubeke indlebe yakho, ukhohlwe isizwe sakini nendlu kayihlo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11yikhona inkosi izakubuthanda ubuhle bakho, ngokuba yona iyinkosi yakho, woyikhothamela.

12 Indodakazi yaseTire, yebo, nabacebileyo babantu bancenga umusa wakho ngesipho.

13Indodakazi yenkosi inhle kakhulu, ilapho phakathi; ingubo yayo yalukiwe ngegolide.

14Iyiswa enkosini igqoke izingubo ezifekethisiweyo; izintombi ezingabangane bayo ziyayilandela; ziyiswa kuwe.

15Ziyiswa ngokujabula nangokwethaba, zingena endlini yenkosi.

16 Amadodana akho ayakuba sesikhundleni sawoyihlo; uyakuwabeka abe yizikhulu emhlabeni wonke.

17 Igama lakho ngiyakulenza likhunjulwe ezizukulwaneni zonke; ngakho-ke izizwe ziyakukubonga kuze kube phakade naphakade.

## AmaHubo 46

### INkosi yethu iyinqaba

Kumholi wokuhlabelela. Elamadodana kaKora. Nge-Alamoti. Igama.

1UNkulunkulu uyisiphephelo sethu namandla ethu; ufunyaniswa elusizo impela ekuhluphekeni.

2Ngakho-ke asiyikwesaba nokuba kuguquka umhlaba, nezintaba zidilikela ekujuleni kolwandle,

3 nokuba amanzi alo ehlokoma, ekhephuza, nezintaba zizamazama ngokukhukhumala kwalo. ***Sela***

4 Ukhona umfula omanzi awo athokozisa umuzi kaNkulunkulu, indlu engcwele yoPhezukonke.

5 UNkulunkulu uphakathi kwawo, awuyikuzanyazanyiswa; uNkulunkulu uyakuwusiza ngovivi lokusa.

6Izizwe ziyaxokozela; imibuso iyazamazama; uphumisela izwi lakhe, umhlaba uncibilike.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 UJehova Sebawoti unathi; uNkulunkulu kaJakobe uyinqaba yethu. ***Sela***

8 Wozani nibone izenzo zikaJehova, izincithakalo azenzileyo emhlabeni.

9 Uphelisa ukulwa kuze kube semikhawulweni yomhlaba; uyaphula umnsalo,
anqume umkhonto, izinqola zempi azishise ngomlilo.

10 Thulani, niqonde ukuthi mina nginguNkulunkulu; ngiyakuphakama
phakathi kwabezizwe, ngiphakame emhlabeni.

11 UJehova Sebawoti unathi; uNkulunkulu kaJakobe uyinqaba yethu. ***Sela***

## AmaHubo 47

**UNkulunkulu ungumbusi wezinto zonke**

Kumholi wokuhlabelela. Elamadodana kaKora. Ihubo.

1 Shayani izandla, zizwe zonke; hlokomani kuNkulunkulu ngezwi
lokuhalalisa.

2 Ngokuba uJehova oPhezukonke uyesabeka; uyinkosi enkulu phezu
komhlaba wonke.

3 Wathobisa abantu phansi kwethu, nezizwe phansi kwezinyawo zethu.

4 Wasikhethela ifa lethu, udumo lukaJakobe amthandayo. ***Sela***

5 UNkulunkulu wenyukile ngokuhlokoma, uJehova ngokukhala kwecilongo.

6 Hubelani uNkulunkulu, hubani! Hubelani iNkosi yethu, hubani!

7 Ngokuba uNkulunkulu uyinkosi yomhlaba wonke; hubani ihubo!

8 UNkulunkulu uyabusa izizwe; uNkulunkulu uhlezi esihlalweni sakhe
esingcwele sobukhosi.

9 Izikhulu zabantu zibuthene, zibe yisizwe sikaNkulunkulu ka-Abrahama,
ngokuba izihlangu zomhlaba zingezikaNkulunkulu; uphakeme kakhulu.

## AmaHubo 48

**Ngobuhle bomuzi kaNkulunkulu waseSiyoni**

Igama. Ihubo lamadodana kaKora.

1 Mkhulu uJehova, udunyiswa kakhulu emzini kaNkulunkulu wethu entabeni
yakhe engcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

2 Inhle ngokuphakama, ingukuthokoza komhlaba wonke intaba yaseSiyoni emaceleni asenyakatho, umuzi weNkosi enkulu.

3 UNkulunkulu uyaziwa ezindlini zawo zobukhosi ukuthi uyinqaba.

4 Ngokuba bheka, amakhosi abuthana; aqhubeka kanyekanye.

5 Abona, ayesemangala; ashaywa luvalo, aphaphatheka.

6 Ehlelwa lapho ngukuthuthumela, yivuso njengakobelethayo.

7 Ngomoya wasempumalanga waphula imikhumbi yaseTharishishi.

8 Njengalokho sizwile, kanjalo sikubonile emzini kaJehova Sebawoti, emzini kaNkulunkulu wethu; uNkulunkulu uyakuwumisa kuze kube phakade. ***Sela***

9 Siyazindla ngomusa wakho, Jehova, siphakathi ethempelini lakho.

10 Njengalo igama lakho, Nkulunkulu, kunjalo ukubongwa kwakho kuze kube semikhawulweni yomhlaba; isandla sakho sokunene sigcwele ukulunga.

11 Mayijabule intaba yaseSiyoni, kwethabe amadodakazi akwaJuda ngenxa yezahlulelo zakho.

12 Zungezani iSiyoni, nilikake, nibale imibhoshongo yalo.

13 Qaphelani izindonga zalo, nidabule izindlu zalo zobukhosi, ukuze nilandisele isizukulwane esizayo.

14 Ngokuba lo Nkulunkulu, unguNkulunkulu wethu phakade naphakade; uzakusihola kuze kube sekufeni.

## AmaHubo 49

### Ubuze benhlanhla yababi

Kumholi wokuhlabelela. Elamadodana kaKora. Ihubo.

1 Yizwani lokhu nonke nina bantu; bekani indlebe nina nonke enakhileyo ezweni,

2 abantukazana nezikhulu, abacebileyo nabampofu.

3 Umlomo wami uzakukhuluma ukuhlakanipha, ukuzindla kwenhliziyo yami kuzakuba ngokokuqonda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

4 Ngizakubeka indlebe yami kuso isaga, ngiphenye imfumbe yami ngehabhu.

5Bengizakwesabelani ezinsukwini ezimbi, lapha ububi babangizingelayo bungihaqa,

6labo abathemba imfuyo yabo bezigabisa ngomcebo wabo omkhulu, na?

7Umuntu angemhlenge umfowabo, angemnike uNkulunkulu ihlawulo ngaye.

8Ngokuba ukuhlengwa komphefumulo wabo kubiza kakhulu; akunakuphela nanini

9ukuba aphile njalo, angaboni ukubola.

10 Qha, uyakubona ukuthi abahlakaniphileyo bayafa nokuthi isiwula kanye nesiphukuphuku ziyabhubha, imfuyo yabo bayishiyele abanye.

11Ukucabanga kwabo kuthi izindlu zabo zizakuma kuze kube phakade, nemizi yabo ezizukulwaneni ngezizukulwane; amazwe abo bawabiza ngamagama abo.

12 Kepha umuntu, nokuba enodumo, akayikuma; ufana nezilwane ezibhubhayo.

13Le ndlela yabo ingubuwula babo, balandelwa ngabavumela umlomo wabo. ***Sela***

14Baqhutshelwa endaweni yabafileyo njengezimvu; ukufa kuyakubalusa, abaqotho babuse phezu kwabo ngakusasa, isimo sabo siqedwe yindawo yabafileyo, bangabe besaba nandlu.

15Kepha uNkulunkulu uyakuwukhulula umphefumulo wami esandleni sendawo yabafileyo, ngokuba uyakungamukela. ***Sela***

16 Ungesabi, nxa umuntu eceba, nxa ubukhosi bendlu yakhe banda.

17 Ngokuba ekufeni kwakhe akayikuphatha lutho; ubukhosi bakhe abuyikwehla naye.

18Noma ebusisa umphefumulo wakhe esaphila, futhi abantu bekudumisa, ngokuba uzondle kahle,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19nokho uyakuya esizukulwaneni sawoyise; abayikukubona ukukhanya naphakade.

20Umuntu onodumo engenakuqonda unjengezilwane ezibhubhayo.

## AmaHubo 50

### Ukukhonza uNkulunkulu ngeqiniso

Ihubo lika-Asafa.

1UNkulunkulu uMninimandla onke, uJehova, uyakhuluma, ubiza umhlaba kusukela ekuphumeni kwelanga kuze kube sekushoneni kwalo.

2 ESiyoni eliphelele ebuhleni uNkulunkulu uqhamile ekukhanyeni.

3 UNkulunkulu wethu uyeza, akayikuthula; umlilo udla phambi kwakhe; uphahlwe yisivunguvungu esikhulu.

4 Ubiza izulu ngaphezulu kanye nomhlaba ukuba ahlulele isizwe sakhe:

5 Buthelani kimi abangcwele bami abenza isivumelwano nami ngomhlatshelo.

6Izulu lishumayela ukulunga kwakhe, ngokuba uNkulunkulu ungumahluleli. *Sela*

7 Yizwa, sizwe sami, ngiyakukhuluma; Israyeli, ngizakufakaza kuwe ukuthi: NginguNkulunkulu, uNkulunkulu wakho.

8Angiyikukujezisa ngenxa yemihlatshelo yakho; iminikelo yakho yokushiswa iphambi kwami njalo.

9Angiyikuthatha nkunzi endlini yakho nampongo ezibayeni zakho.

10Ngokuba zingezami zonke izilwane zehlathi, nezinkomo zasezintabeni eziyizinkulungwane.

11Ngiyazazi zonke izinyoni zasezintabeni, nezilwane zasendle zaziwa yimi.

12 Uma bengilambile, bengingekutshele wena, ngokuba ungowami umhlaba wonke nokugcwala kwawo.

13 Ngiyakudla yini inyama yezinkunzi, ngiphuze igazi lezimpongo, na?

14 Nikela kuNkulunkulu umnikelo wokubonga, uzigcwalise izithembiso zakho koPhezukonke;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 ngibize ngosuku lwenhlupheko; ngiyakukukhulula, wena uyakungidumisa.

16 Kepha komubi uNkulunkulu uthi: Yini ukuba ushumayele izimiso zami,
uphathe isivumelwano sami ngomlomo wakho,

17 ingani uyazonda ukuqondiswa, amazwi ami uwalahla emva kwakho, na?

18 Uma ubona isela, uvumelana nalo; neziphingi uhlanganyela nazo.

19 Umlomo wakho uwuyekela ebubini; ulimi lwakho luqamba inkohliso.

20 Uhlala uhleba umfowenu; unyevuza indodana kanyoko.

21 Lokho ukwenzile, ngathula; ushaye sengathi nginjengawe; ngizakukulaya,
ngikubeke phambi kwamehlo akho.

22 Qaphelani lokho nina enikhohlwa uNkulunkulu, funa nginidwengule,
kungabikho osindisayo.

23 Onikela ngomnikelo wokubonga uyangidumisa; oqaphela indlela yakhe
ngiyakumbonisa insindiso kaNkulunkulu.

## AmaHubo 51

### Umkhuleko wowonileyo ebika isono, ecela umusa kuNkulunkulu

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide ekufikeni komprofethi uNathani kuye emva kokuya kwakhe kuBati Sheba.

1 Ngihawukele, Nkulunkulu, ngokomusa wakho; yesula iziphambeko zami
ngokobubele bakho obukhulu.

2 Ngigezisise ebubini bami, ungihlanze esonweni sami.

3 Ngokuba ngiyazazi iziphambeko zami; isono sami siphambi kwami njalo.

4 Ngonile kuwe wena wedwa, ngakwenza okubi emehlweni akho, ukuze
uthiwe ulungile ekukhulumeni kwakho, uchache ekwahluleleni kwakho.

5 Bheka, ngazalelwa ebubini, umame wangithabatha esonweni.

6 Bheka, uthanda iqiniso ngaphakathi enhliziyweni; wongifundisa
ukuhlakanipha ekujuleni kwenhliziyo.

7 Ngihlanze ngehisopi, ngihlambuluke; ngigeze, ngibe mhlophe kuneqhwa.

8 Ngizwise intokozo nenjabulo, ukuze ethabe amathambo owachobozileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Fihla ubuso bakho ezonweni zami, wesule zonke izenzo zami ezimbi.

10 Nkulunkulu, dala kimi inhliziyo ehlanzekileyo, uvuse umoya oqinileyo phakathi kwami.

11Ungangilahli ebusweni bakho, ungangemuki uMoya wakho oNgcwele.

12 Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yakho, ungiphase ngomoya ovumayo.

13Khona ngiyakufundisa abaphambukayo izindlela zakho; nezoni ziyakuphendukela kuwe.

14 Ngikhulule ecaleni legazi, Nkulunkulu, Nkulunkulu wensindiso yami. Khona ulimi lwami luyakuhubela ukulunga kwakho.

15Nkosi, vula izindebe zami, ukuze umlomo wami ulande ngodumo lwakho.

16 Ngokuba awuwuthandi umhlatshelo; noma bengizakukunika umnikelo wokushiswa, ubungayikuthokoza ngawo.

17 Iminikelo kaNkulunkulu ingumoya owaphukileyo; inhliziyo eyaphukileyo nedabukileyo, Nkulunkulu, awuyikuyidelela.

18Lenzele iSiyoni okuhle ngokomusa wakho, uzakhe izingange zaseJerusalema.

19 Khona uyakuyijabulela iminikelo yokulunga eshiswayo neshiswa yonke; khona bayakunikela ngezinkunzi phezu kwe-altare lakho.

## AmaHubo 52

### Ukukhala ngobubi bomkhapheli ozigabisayo

Kumholi wokuhlabelela. IMaskili likaDavide ekufikeni kukaDowegi wakwa-Edomi emazisa uSawule, ethi kuye:  UDavide ufikile endlini ka-Ahimeleki.

1Uzigabiselani ngokubi wena siqhwaga na? Umusa kaNkulunkulu umi njalo.

2 Ulimi lwakho lusongoza okubi njengempuco eloliweyo, wena owenza amacebo.

3Uthanda okubi kunokuhle, namanga kunokukhuluma ukulunga. ***Sela***

4Uthanda onke amazwi okubhubhisa wena lulimi lwenkohliso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Ngakho-ke uNkulunkulu uyakukubhidliza kuze kube phakade;
uyakukubamba, akukhiphe etendeni lakho, akusiphule ezweni labaphilayo.
***Sela***

6 Abalungileyo bayakukubona, besabe; bayakumhleka, bathi:

7 Bheka, nasi isiqhwaga esingamenzanga uNkulunkulu abe yinqaba yaso,
kepha sethemba ingcebo yaso enkulu, siziqinisa ebubini baso.

8 Kepha mina nginjengomnqumo oluhlaza endlini kaNkulunkulu; ngithemba
umusa kaNkulunkulu njalonjalo kuze kube phakade naphakade.

9Ngizakukudumisa kuze kube phakade, ngokuba ukwenzile; ngizakulindela
igama lakho, ngokuba lihle phambi kwabangcwele bakho.

## AmaHubo 53

**Ukukhala ngobuwula nobubi babantu**

Kumholi wokuhlabelela. NgeMahalati. IMaskili likaDavide.

1 Isiwula sithi enhliziyweni yaso: Akakho uNkulunkulu, iziphambeko zabo
zimbi, ziyanengeka; akakho owenza okuhle.

2 UNkulunkulu esezulwini uyababheka abantwana babantu ukubona uma
kukhona yini onokuqonda, ofuna uNkulunkulu.

3Baphambukile bonke, bonakele bonke; akakho owenza okuhle, akakho
noyedwa.

4Abanakwazi yini abenza okubi, abadla abantu bami njengalokhu bedla
isinkwa, bengakhuleki kuNkulunkulu.

5Besaba nokwesaba, lapho kungekho okwesabisayo; ngokuba uNkulunkulu
wasakaza amathambo akhe owamisa ngakuwe; wena ubajabhisile, ngokuba
uNkulunkulu ubalahlile.

6 Sengathi kungavela ukusindiswa kuka-Israyeli eSiyoni. Kuyakuthi lapho
uNkulunkulu eguqula ukuthunjwa kwabantu bakhe, uJakobe ethabe, u-
Israyeli ajabule.

## AmaHubo 54

**Umkhuleko wocela ukusindiswa ezitheni**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. IMaskili likaDavide ekufikeni kwabaseZifi bethi kuSawule: UDavide ucashile kithina.

1 Nkulunkulu, ngisindise ngegama lakho, ngahlulele ngamandla akho.

2Nkulunkulu, yizwa umkhuleko wami, ubeke indlebe emazwini omlomo wami.

3 Ngokuba abafo bangivukele; izidlova zifuna umphefumulo wami; azimbekile uNkulunkulu phambi kwazo. ***Sela***

4Bheka, uNkulunkulu ungumsizi wami; iNkosi ikubo abaphasa umphefumulo wami.

5Uyabuyisela okubi ezitheni zami; zibhubhise ngokweqiniso lakho.

6Ngizakunikela kuwe ngesihle; ngizakulibonga igama lakho, Jehova, ngokuba lihle.

7 Ngokuba ungikhululile ekuhluphekeni konke; neso lami libuka izitha zami, lidele.

## AmaHubo 55

### Umkhuleko ngabazalwane abambumbulu

Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. IMaskili likaDavide.

1Lalela, Nkulunkulu, umkhuleko wami, ungazifihli ekunxuseni kwami.

2Ngizwele, ungiphendule; ngiyayaluza ekukhaleni kwami, ngiyabubula

3ngenxa yezwi lesitha, ngenxa yokucindezela komubi; ngokuba bagingqela okubi phezu kwami; bangizingela bethukuthele.

4 Inhliziyo yami iyathuthumela phakathi kwami; amavuso okufa angehlele.

5Ngifikelwe luvalo nokuqhaqhazela; ngikhwelwe ngukwesaba okukhulu.

6 Besengithi: Sengathi ngingaba namaphiko njengejuba; ngabe ngindizela ekudeni, ngihlale khona.

7Bheka, bengiyakubaleka, ngiye kude, ngingenise ehlane. ***Sela***

8Ngabe ngiphuthuma indawo yokuphepha emoyeni ovunguzayo nasesiphephweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

9 Bachithe, Nkosi, uphambanise ulimi lwabo, ngokuba ngibonile ubudlwangudlwangu nokuxabana emzini.

10 Imini nobusuku bahamba bezungeza phezu kwezingange zawo; okubi nokushinga kuphakathi kwawo.

11 Ububi buphakathi kwawo; imbandezelo nenkohliso akusuki esigcawini sawo.

12 Ngokuba akusiso isitha esingiklolodelayo; ngabe ngiyakuthwala; akusiye ongizondayo oziphakamise phezu kwami; ngabe ngamcashela;

13 kepha nguwe ntanga yami, mhlobo wami nomngane wami.

14 Sasihlalisana kamnandi; sasiya endlini kaNkulunkulu kanye nebandla elithokozayo.

15 Ukufa makubazume, bashonele endaweni yabafileyo besezwa, ngokuba ububi busezindlini zabo nasezinhliziyweni zabo.

16 Mina ngizakukhala kuNkulunkulu; uJehova uzakungisindisa.

17 Kusihlwa nasekuseni nasemini ngizakuzikhalela, ngibubule, abeselizwa izwi lami.

18 Uyawuhlenga umphefumulo wami ngokuthula, bangasondeli kimi, ngokuba baningi abamelene nami.

19 UNkulunkulu uzakuzwa, abaphendule, yena okhona kwaphakade. ***Sela***
Yibona kambe okungekho kubo ukuphenduka, nabangamesabiyo uNkulunkulu.

20 Ubeka isandla ngakuye ohlalisene kahle naye; udumazile isivumelwano sakhe.

21 Umlomo wakhe ubushelezi kunephehlwa, kepha inhliziyo yakhe iyimpi; amazwi akhe athambile kunamafutha; nokho ayizinkemba ezikhokhiweyo.

22 Phonsa phezu kukaJehova umthwalo wakho, uzakukuphasa; akayikuvuma naphakade ukuba olungileyo azanyazanyiswe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

23 Wena Nkulunkulu uyakubaphonsa egodini lokubhubhisa; abantu begazi nenkohliso abayikufinyelela nasenxenyeni yezinsuku zabo; kepha mina ngizakwethemba wena.

## AmaHubo 56

### Umkhuleko wocela ukukhululwa ezitheni ezizungezayo

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ijuba elithulayo emajukujukwini. ElikaDavide. IMiktamu, ekubanjweni kwakhe ngamaFilisti eGati.

1 Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu, ngokuba abantu bafuna ukungigwinya; usuku lonke bayangicindezela belwa.

2 Izitha zami zifuna ukungigwinya usuku lonke; ngokuba baningi abalwa nami ngokuzidla.

3 Mhla ngesabayo ngiyakwethemba wena.

4 KuNkulunkulu ngiyakudumisa izwi lakhe; ngithemba uNkulunkulu, angiyikwesaba; inyama ingangenzani na?

5 Amazwi ami bawahlanekezela usuku lonke; yonke imicabango yabo iqonde ukungona.

6 Bayabuthana, baqamekele, baqaphele izinyathelo zami, njengokuba beqamekela umphefumulo wami.

7 Bayakuphunyuka yini ebubini babo na? Diliza izizwe ngentukuthelo, Nkulunkulu.

8 Ukuzula kwami ukubalile wena; yetha izinyembezi zami egabheni lakho; azikho encwadini yakho na?

9 Khona izitha zami ziyakubuyela emuva mhla ngikhalayo; ngiyakwazi lokhu ukuthi uNkulunkulu unami.

10 KuNkulunkulu ngiyakulidumisa izwi; kuJehova ngiyakulidumisa izwi.

11 Ngiyethemba kuNkulunkulu, angiyikwesaba; umuntu angangenzani na?

12 Nkulunkulu, izithembiso zami kuwe ziphezu kwami; ngiyakunikela kuwe iminikelo yokubonga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Ngokuba uwukhululile umphefumulo wami ekufeni nezinyawo zami
ekuweni, ukuze ngihambe ebusweni bukaNkulunkulu ekukhanyeni
kwabaphilayo.

## AmaHubo 57

**Umkhuleko wocela ukuvikelwa ezitheni**

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ungachithi. ElikaDavide. IMiktamu, mhla ebalekela uSawule emphandwini.

1 Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu; yiba nomusa kimi. Ngokuba umphefumulo
wami uphephela kuwe; ngifuna ukukhosela ethunzini lamaphiko akho, zize
zidlule izinhlupheko.

2 Ngizakukhala kuNkulunkulu oPhezukonke, kuNkulunkulu ongifezelayo.

3 Uyakuthumela esezulwini, angisindise mhla ofuna ukungigwinya eklololoda.
*Sela* UNkulunkulu uyakuthuma umusa wakhe neqiniso lakhe.

4 Umphefumulo wami uphakathi kwezingonyama; ngilala kwabavutha
umlilo, abantwana babantu abamazinyo abo ayimikhonto nemicibisholo,
abalulimi lwabo luyinkemba ebukhali.

5 Phakama, Nkulunkulu, phezu kwezulu, inkazimulo ibe phezu komhlaba
wonke.

6 Izinyathelo zami bazibekele ugibe; umphefumulo wami ugobile; bembile
igebe phambi kwami, kwakhalakathela bona kulo. *Sela*

7 Inhliziyo yami iduduzekile, Nkulunkulu; inhliziyo yami iduduzekile;
ngizakuhlabelela, ngihube.

8 Vuka, mphefumulo wami; vukani, lugubhu nehabhu! Ngizakuvusa ukusa.

9 Ngizakukubonga, Nkosi, phakathi kwabantu, ngikudumise phakathi
kwezizwe.

10 Ngokuba umusa wakho mkhulu kuze kube sezulwini, nokuthembeka
kwakho kuze kube semafwini.

11 Phakama, Nkulunkulu, phezu kwezulu, inkazimulo yakho ibe phezu
komhlaba wonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## AmaHubo 58

### Umkhuleko wocela ukuthotshiswa kwababahluleli ababi

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ungachithi. ElikaDavide. IMiktamu.

1 Imbala nikhuluma ukulunga ngokuthula na? Madodana abantu, nahlulela ngobuqotho na?

2Ingani enhliziyweni niphehla imisebenzi emibi; ezweni nilinganisa ngesilinganiso ukudluzula kwezandla zenu.

3 Ababi bahlubuka kwasesizalweni, abaqamba amanga baduka kwasesiswini.

4 Isihlungu sabo sinjengesihlungu senyoka; banjengebululu eliyisithulu, elivimba indlebe yalo,

5lingalaleli izwi lezinyanga ezilumba amalumbo ngokuhlakanipha.

6 Yaphula amazinyo abo emlonyeni wabo, Nkulunkulu! Phohloza amazinyo omhlathi ezingonyama ezingamabhongo, Jehova!

7 Mabaphele njengamanzi agobhozayo; nxa ekhomba ngemicibisholo yakhe, mayibe sengathi iqundekile.

8 Mababe njengomnenke oncibilika, uphele, njengokuphuphume kowesifazane okungalibonanga ilanga.

9Amabhodwe enu engakazizwa izinkuni zameva, uyakuziphephula, noma ziluhlaza noma zivutha.

10 Olungileyo uyakujabula ngokuba ebona impindiselo; uyakugeza izinyawo zakhe egazini lababi,

11 abantu baze bathi: Impela ukhona umvuzo wolungileyo; impela ukhona uNkulunkulu owahlulelayo emhlabeni.

## AmaHubo 59

### Umkhuleko wocela ukukhululwa ezitheni

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ungachithi. ElikaDavide. IMiktamu, mhla uSawule ethumela, ethi mabayilinde indlu ukuba bambulale.

1Ngikhulule ezitheni zami, Nkulunkulu wami, ngivikele kwabangivukelayo;

2ngikhulule kwabenza okubi, ngisindise kubantu begazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[3]Ngokuba bheka, baqamekela umphefumulo wami; iziqhwaga ziyangihlanganyela, kungekho siphambeko, kungekho sono kimi, Jehova.

[4]Ziyagijima, zizilungisele, kungekho cala kimi; vuka, ungihlangabeze, ubone.

[5]Wena kambe, Jehova Nkulunkulu Sebawoti, Nkulunkulu ka-Israyeli, vuka uphindisele bonke abezizwe, ungahawukeli namunye kwabahlubukileyo. ***Sela***

[6]Bayabuya kusihlwa, bahlaba umkhulungwane njengenja, bezula emzini.

[7] Bheka, bayampompa ngomlomo wabo, kukhona izinkemba ezindebeni zabo, ngokuba bathi: Ngubani ozwayo na?

[8] Kepha wena Jehova uyabahleka; uyabaklolodela bonke abezizwe.

[9]Mandla ami, ngiyakulindela wena, ngokuba uNkulunkulu uyinqaba yami.

[10]UNkulunkulu wami uyakungihlangabeza ngomusa wakhe; uNkulunkulu uyakungibonisa izitha zami ngokwethaba.

[11] Ungazibulali, funa abantu bami bakhohlwe; zizulise ngamandla akho, uzilahle phansi, Nkosi, sihlangu sethu.

[12]Izwi lezindebe zazo liyisono somlomo wazo; mazibanjwe ekuzidleni kwazo nangenxa yesiqalekiso namanga eziwakhulumayo.

[13]Ziqede ngokuthukuthela, ziqede zingabe zisabakho; mazazi ukuba nguNkulunkulu obusa kwaJakobe, kuze kube semikhawulweni yomhlaba. ***Sela***

[14]Ziyabuya kusihlwa; zihlaba umkhulungwane njengenja, zizula emzini.

[15] Zizulazulela ukudla; uma zingasuthi, zihlala nasebusuku.

[16]Kepha mina ngizakuhlabelela ngamandla akho, ngethabele umusa wakho ekuseni, ngokuba uyinqaba yami, nesiphephelo ngosuku lokuhlupheka kwami.

[17]Mandla ami, ngizakuhubela wena; ngokuba uNkulunkulu uyinqaba yami, unguNkulunkulu wami womusa.

## AmaHubo 60

### Umkhuleko wocela ukusizwa ekunqobeni kwezitha

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Umnduze; ubufakazi. IMiktamu likaDavide, ekulweni kwakhe nama-Aramu Naharayimi nama-Aramu Soba, uJowabe ebuya, enqoba abakwa-Edomi esiGodini Sikasawoti abayizinkulungwane eziyishumi nambili.

1Nkulunkulu usilahlile, usichithile; mawubuye usilulamise.

2Uzamazamisile umhlaba, wawudabula izimfa; zivale izimfa zawo, ngokuba uyazamazama.

3 Isizwe sakho usibonisile izinto ezinzima; usiphuzisile iwayini, sabhuyazela.

4Abakwesabayo ubanike ibhanela ukuba liphakanyiswe ngenxa yeqiniso. ***Sela***

5 Ukuze abathandekayo bakho bakhululwe, sindisa ngesandla sakho sokunene, ungizwele.

6UNkulunkulu ukhulumile ebungcweleni bakhe, wathi: Ngiyakwethaba; ngiyakulidabula iShekemi, ngisilinganise isiGodi saseSukoti.

7 Ngowami uGileyadi, ngowami uManase; u-Efrayimi uyisivikelo sekhanda lami, uJuda uyintonga yami yokubusa.

8 UMowabi uyisitsha sami sokuhlambela; phezu kuka-Edomi ngiphonsa isicathulo sami; yethaba ngami, Filistiya.

9Ngubani oyakungiyisa emzini oqinileyo na? Ngubani oyakungiholela kwa-Edomi na?

10 Akusiwena Nkulunkulu osilahlileyo na? Nkulunkulu, awusaphumi nezimpi zethu.

11 Siphe ukuba sisizakale ekuhluphekeni, ngokuba ukusiza komuntu kuyize.

12 NgoNkulunkulu siyakwenza izenzo zamandla; yena uyakunyathela phansi izitha zethu.

## AmaHubo 61

### Ukucelela inkosi isibusiso

Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. ElikaDavide.

1Yizwa, Nkulunkulu, ukukhala kwami, ulalele umkhuleko wami.

2Ngikhala kuwe ngisemkhawulweni womhlaba, lapho inhliziyo yami isebuthakathakeni; ngiholele edwaleni eliphakeme kunami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Ngokuba ubuyisiphephelo sami, inqaba eqinileyo ngakuso isitha.

4 Ngiyakuhlala etendeni lakho kuze kube phakade; ngiyakukhosela ekusithekeni kwamaphiko akho. ***Sela***

5 Ngokuba wena Nkulunkulu uzizwile izithembiso zami, wabanika ifa abalesaba igama lakho.

6 Uyakweleka izinsuku ezinsukwini zenkosi; iminyaka yayo iyakuba njengezizukulwane nezizukulwane.

7 Iyakuhlala phambi kukaNkulunkulu kuze kube phakade; yimisele umusa neqiniso ukuba kuyilondoloze.

8 Khona ngiyakulidumisa igama lakho kuze kube phakade, ukuze ngigcwalise izithembiso zami imihla ngemihla.

## AmaHubo 62

### UNkulunkulu uyisiphephelo sethu

Kumholi wokuhlabelela. KuJeduthuni. Ihubo likaDavide.

1 Umphefumulo wami uzithulele kuNkulunkulu kuphela; insindiso yami ivela kuye.

2 Nguye kuphela oyidwala lami nensindiso yami, inqaba yami; angiyikunyakaziswa kakhulu.

3 Koze kube nini nisukela umuntu ukuba nimbulale nonke njengodonga olwengemeyo nothango oludilikayo na?

4 Yebo, bathunga icebo lokumwisa ekuphakameni kwakhe, bathanda amanga; bayabusisa ngomlomo wabo, kepha ezibilinini zabo bayaqalekisa. ***Sela***

5 Mphefumulo wami, zithulisele kuNkulunkulu kuphela, ngokuba ithemba lami livela kuye.

6 Nguye kuphela oyidwala lami nensindiso yami, inqaba yami; angiyikunyakaziswa.

7 Insindiso yami nodumo lwami kukuNkulunkulu; idwala lami eliqinileyo nesiphephelo sami kukuNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[8]Thembani kuye ngezikhathi zonke nina bantu, nithulule inhliziyo yenu phambi kwakhe; uNkulunkulu uyisiphephelo sethu. ***Sela***

[9] Abantwana babantu bangumoya nje, abantwana bezikhulu bangamanga; esilinganisweni bayakhuphuka, balula kunomoya bonke.

[10] Maningakwethembi ukuqhwaga, ningazigabisi ngokuphangiweyo; uma imfuyo yanda, ningayibeki inhliziyo kuyo.

[11]UNkulunkulu ukhulumile kanye, ngikuzwe kabili ukuthi amandla angakaNkulunkulu.

[12] Nomusa ungowakho, Nkosi; ngokuba wena umphindisela umuntu njengokwenza kwakhe.

## AmaHubo 63

### Ukulangazelela uNkulunkulu

Ihubo likaDavide esehlane lakwaJuda.

[1] Nkulunkulu, wena unguNkulunkulu wami, ngiyakufuna ekuseni; umphefumulo wami womele wena; inyama yami ilangazelela wena ezweni elomileyo eligagadekileyo, lapho amanzi engekho khona.

[2] Kanjalo ngikubheka endlini engcwele, ngibone amandla akho nenkazimulo yakho.

[3]Ngokuba umusa wakho umnandi kunokuphila; izindebe zami ziyakukudumisa.

[4] Ngiyakukubonga ngisaphila; ngiyakuphakamisa izandla zami egameni lakho.

[5]Umphefumulo wami uyakusutha kungathi ngamanoni namafutha; umlomo wami uyakudumisa ngezindebe ezethabayo,

[6]Nxa ngikukhumbula ecansini lami, ngizindla ngawe emilindweni yasebusuku.

[7] Ngokuba ungisizile; ngiyakwethaba ethunzini lamaphiko akho.

[8] Umphefumulo wami ubambelele kuwe; esokunene sakho siyangiphasa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Kepha abafuna umphefumulo wami ukuwubulala bayakwehlela ezindaweni zomhlaba eziphansi.

10 Bayakunikelwa esandleni senkemba, babe yisabelo sezimpungushe.

11 Kepha inkosi iyakuthokoza ngoNkulunkulu; bonke abafunga yena bayakuzibonga; ngokuba umlomo wabakhuluma amanga uyakuvalwa.

## AmaHubo 64

### Umkhuleko wocela ukuvikelwa ezitheni

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

1 Yizwa, Nkulunkulu, izwi lami ekukhaleni kwami, ulondoloze ukuphila kwami evusweni lesitha.

2 Ngisithe esigungwini sababi nasesixukwini sabenza okubi,

3 abalola ulimi lwabo njengenkemba, bakhombe imicibisholo yabo engamazwi ababayo

4 ukuba bamdubule ongenacala ngasesitha, bamdubule ngokuzuma bengesabi.

5 Baqinela icebo elibi; bakhuluma ngokufihla izingibe; bathi: Ngubani oyakusibona na?

6 Basongoza izenzo ezimbi, bathi: Siliqedile icebo elisongoziweyo, izibilini nenhliziyo yomuntu kujulile.

7 Kepha uNkulunkulu uyakubadubula ngomcibisholo; bagwazwe ngokuzunywa.

8 Bayakuwiswa, baficwe lulimi lwabo; bonke ababonayo bayonikina ikhanda.

9 Bonke abantu bayashaywa luvalo; bayakushumayela izenzo zikaNkulunkulu, baqonde akwenzileyo.

10 Olungileyo uyakujabula kuJehova, aphephele kuye; bonke abaqotho ngenhliziyo bayakuzibonga.

## AmaHubo 65

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Ukubonga izipho zikaNkulunkulu

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide. Igama.

1 Udumiso luhlalela wena Nkulunkulu eSiyoni, nesithembiso siyakugcwaliswa
kuwe.

2Wena ozwayo imikhuleko, beza kuwe bonke abantu.

3 Izenzo ezimbi zangahlula; iziphambeko zethu uyaziyekela.

4 Ubusisiwe omkhethayo wena, omsondezayo ukuba ahlale emagcekeni akho;
siyakusutha ngokuhle kwendlu yakho, ithempeli lakho elingcwele.

5 Uyakusiphendula ngezenzo ezesabekayo ekulungeni, Nkulunkulu
wensindiso yethu, wena oyithemba lemikhawulo yonke yomhlaba
nelolwandle olukude;

6yena omisa izintaba ngamandla akhe, obhince amandla;

7 othulisa ukuduma kwezilwandle, inhlokomo yamaza azo nomsindo
wabantu.

8Abakhile emikhawulweni yomhlaba bayesaba ngezibonakaliso zakho;
uyethabisa impumalanga nentshonalanga.

9 Uhambela umhlaba, unisa imvula, uwuvundisa kakhulu; umfula
kaNkulunkulu ugcwele amanzi; ubalungisela abantu ukudla, ngokuba
uwulungisa kanjalo umhlaba.

10 Umatisa imisele yawo, ulalisa amasoyi awo; uwuthambisa ngezihlambi,
ubusise okumila kuwo.

11Umnyaka uyawuhlobisa ngobumnene bakho, nemikhondo yakho iconsa
amafutha.

12 Amadlelo asehlane ayaconsa; amagquma abhinca injabulo.

13Amadlelo embethe izimvu, nezigodi zisibekelwe ngamabele; konke
kuyajabula, kuhlabelele.

## AmaHubo 66

### Ukubonga nokudumisa uNkulunkulu

Kumholi wokuhlabelela. Igama. Ihubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Mhubeleni ngenjabulo uNkulunkulu, mhlaba wonke.

2 Hlabelelelani inkazimulo yegama lakhe, nibabaze ukudunyiswa kwakhe.

3 Yishoni kuNkulunkulu, nithi: Yeka ukwesabeka kwemisebenzi yakho. Ngenxa yobukhulu bamandla akho izitha zakho ziyakuzithoba phansi kwakho.

4Umhlaba wonke uyakukhuleka kuwe, ukudumise; bayakuhubela igama lakho. ***Sela***

5 Wozani nibone izenzo zikaNkulunkulu; uyesabeka ekwenzeni kwakhe kubantwana babantu.

6 Ulwandle waluguqula lwaba yizwe elomileyo; bawela umfula ngezinyawo; lapho sathokoza kuye.

7 Ubusa ngamandla akhe kuze kube phakade; amehlo akhe ayahlozinga izizwe; abanenkani mabangaziphakamisi. ***Sela***

8Bongani uNkulunkulu wethu nina zizwe, nizwakalise izwi lokudunyiswa kwakhe

9ogcina umphefumulo wethu ekuphileni, engaluvumeli unyawo lwethu lushelele.

10 Ngokuba wena Nkulunkulu usilingile, wasihlanza njengokuhlanzwa kwesiliva.

11Wasingenisa enetheni; wabeka umthwalo onzima ezinkalweni zethu.

12 Wavumela abantu ukuba bakhwele phezu kwamakhanda ethu; sangena emlilweni nasemanzini; kepha wasikhiphela ekubuseni.

13 Ngiyakungena endlini yakho ngineminikelo yokushiswa; ngizakugcwalisa kuwe izithembiso zami

14ezaphinyiselwa yizindebe zami, zakhulunywa ngumlomo wami ngisekuhluphekeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[15]Ngiyakunikela kuwe iminikelo yokushiswa yezinonileyo kanye nephunga
lezinqama; ngiyakunikela ngezinkunzi nangezimpongo. ***Sela***

[16]Wozani nizwe nina nonke enesaba uNkulunkulu; ngizakulandisa akwenzele
umphefumulo wami.

[17] Ngakhala kuye ngomlomo wami; ukudumisa kwakuphansi kolimi lwami.

[18] Uma bengiqonde ububi enhliziyweni yami, ibingayikungizwa iNkosi.

[19]Ngempela uNkulunkulu uzwile, walalela izwi lomkhuleko wami.

[20]Makabongwe uNkulunkulu ongalahlanga umkhuleko wami nomusa wakhe
kimi.

## AmaHubo 67

### Ukubonga izibusiso zikaNkulunkulu

Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. Ihubo. Igama.

[1] UNkulunkulu makabe nomusa kithina, asibusise; makakhanyise ubuso
bakhe phezu kwethu, ***Sela***

[2] ukuze indlela yakho yaziwe emhlabeni, insindiso yakho kubo bonke
abezizwe.

[3] Abantu mabakubonge, Nkulunkulu; mabakubonge abantu bonke.

[4]Izizwe mazijabule, zethabe; ngokuba izizwe uzahlulela ngokulunga, uzihola
izizwe emhlabeni. ***Sela***

[5]Abantu mabakubonge, Nkulunkulu; mabakubonge abantu bonke.

[6] Umhlaba uthelile izithelo zawo; uNkulunkulu, uNkulunkulu wethu,
uyasibusisa.

[7]UNkulunkulu uyasibusisa; imikhawulo yonke yomhlaba iyakumesaba.

## AmaHubo 68

### Ukunqoba kukaNkulunkulu ka-Israyeli

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Ihubo. Igama.

[1] Makavuke uNkulunkulu, zihlakazeke izitha zakhe; abamzondayo babaleka
phambi kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Bamukiswa njengokumukiswa komusi; njengokuncibilika kwengcina
phambi komlilo ababi bachithwa phambi kukaNkulunkulu.

3 Kepha abalungileyo bayajabula; bayethaba phambi kukaNkulunkulu
bethokoza nokuthokoza.

4 Hlabelelani kuNkulunkulu, nidumise igama lakhe; menzeleni umendo lowo
odabula amahlane; igama lakhe linguJehova; yethabani phambi kwakhe,

5 uyise wezintandane, umahluleli wabafelokazi, uNkulunkulu endlini yakhe
engcwele,

6 uNkulunkulu ohlalisa imihlalaqha ezindlini, akhiphele iziboshwa ekubuseni;
ngabahlubukileyo bodwa abakhe ezweni elomileyo.

7 Nkulunkulu, ekuphumeni kwakho phambi kwabantu bakho, ekudabuleni
kwakho ihlane, ***Sela***

8 umhlaba wazamazama, izulu laconsa phambi kukaNkulunkulu, neSinayi
lazamazama phambi kukaNkulunkulu, uNkulunkulu ka-Israyeli.

9 Wanisa imvula enkulu, Nkulunkulu; ifa lakho selahlulekile, waliqinisa.

10 Ibandla lakho lakha kulo; ngobuhle bakho wabalungisela abahluphekayo,
Nkulunkulu.

11 INkosi iphumisa izwi; abesifazane ababika indaba ejabulisayo bayisixuku
esikhulu.

12 Amakhosi ezimpi ayabaleka; ayabaleka wona; isifazane esihlezi ekhaya
sabela impango.

13 Nxa nilala phakathi kwezibaya, kunjengamaphiko ejuba asibekelwa
ngesiliva, izimpaphe zamaphiko alo ngegolide elikhazimulayo.

14 Nxa uSomandla ehlakaza amakhosi kulo, likhithika iqhwa eSalimoni.

15 Intaba yaseBashani iyintaba kaNkulunkulu; intaba yaseBashani iyintaba
eneziqongo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Nina zintaba ezineziqongo, yini ukuba niyibuke ngomhawu intaba uNkulunkulu athanda ukuhlala kuyo na? Yebo, uJehova uyakuhlala kuyo kuze kube phakade.

17 Izinqola zikaNkulunkulu ziyizinkulungwane ezingamashumi amabili, izinkulungwane nezinkulungwane; iNkosi iphakathi kwazo; iSinayi lisendaweni engcwele.

18 Wena wenyukela phezulu, wathumba izithunjwa, wamukela izipho kubantu nakwabahlubukileyo, ukuze uJehova uNkulunkulu ahlale khona.

19Mayibongwe iNkosi. Iyasithwala imihla ngemihla; uNkulunkulu uyinsindiso yethu. ***Sela***

20 Kithina uNkulunkulu unguNkulunkulu wezinkululo; ukukhipha ekufeni kungokukaJehova iNkosi.

21 Impela uNkulunkulu uyakuliphohloza ikhanda lezitha zakhe, ukhakhayi olunesihluthu lwalowo osahamba ezonweni zakhe.

22 INkosi yathi: Ngiyakubabuyisa eBashani, ngibabuyise ekujuleni kolwandle

23ukuba unyawo lwakho ulucwilise egazini, ulimi lwezinja zakho lube nesabelo salo ezitheni.

24Bayazibona izindwendwe zakho, Nkulunkulu, izindwendwe zikaNkulunkulu wami, iNkosi yami, ziya endlini engcwele.

25Ngaphambili kuhamba abahlabeleli, ngasemuva abashaya ugubhu, ngaphakathi izintombi ezishaya izingubhu.

26 Bongani uNkulunkulu emihlanganweni; bongani iNkosi, nina bomthombo ka-Israyeli.

27 Nango uBenjamini, omncane, umbusi wabo, neviyo lezikhulu zakwaJuda, izikhulu zakwaZebuloni nezikhulu zakwaNafetali.

28UNkulunkulu wakho ukumisele amandla akho; qinisa, Nkulunkulu, lokho ozenzela khona.

29 Ngenxa yethempeli lakho eJerusalema amakhosi ayakukulethela izipho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30 Zikhuze izilwane zasemhlangeni, umhlambi wezinkunzi kanye namankonyane abantu, azithobise phansi ngezinqamu zesiliva; uyazihlakaza izizwe ezithanda ukulwa.

31 Izikhulu ziyakuvela eGibithe; amaKushe ayakwelulela ngokushesha izandla zawo kuNkulunkulu.

32Nina mibuso yomhlaba mhubeleni uNkulunkulu, nidumise iNkosi, ***Sela***

33 yona ekhwela phezu kwamazulu ezulu asendulo; bhekani, iyezwakalisa izwi layo, izwi elinamandla.

34Nikani uNkulunkulu amandla; ubukhosi bakhe buphezu kuka-Israyeli; amandla akhe asemafwini.

35 Nkulunkulu, uyesabeka ezindaweni zakho ezingcwele; uNkulunkulu ka-Israyeli nguyena owenzela abantu amandla nokuqina; makadunyiswe uNkulunkulu.

## AmaHubo 69

### Ukuhlupheka kolungileyo

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Iminduze. ElikaDavide.

1 Ngisindise, Nkulunkulu, ngokuba amanzi afikile emphefumulweni.

2 Ngishone odakeni lobishi olujulileyo, kungekho kuma; ngingene emanzini alutwa; imisinga iyangicwilisa.

3 Ngikhathele ukukhala kwami, umphimbo wami ushile; amehlo ami ayafiphala ekulindeleni uNkulunkulu wami.

4 Abangizonda ngeze baningi kunezinwele zekhanda lami; baningi abafuna ukungiqeda beyizitha zami kungekho sici; nengingakuphanganga ngakubuyisela.

5Nkulunkulu, wena uyabazi ubuwula bami, nezono zami azifihlakele kuwe.

6 Mabangajabhiswa ngami abakulindeleyo, Nkosi Jehova Sebawoti; mabangahlazeki ngami abakufunayo, Nkulunkulu ka-Israyeli.

7Ngokuba ngithwele isihlamba ngenxa yakho; ihlazo lisibekela ubuso bami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Sengaba ngumfokazi kubafowethu, nowezizwe kubantwana bakamame.

9 Ngokuba ukushisekela indlu yakho kungidlile; izithuko zabakuthukayo zingehlele.

10 Ngakhala, umphefumulo wami wazila; kwaba ngukudunyazwa kwami.

11 Isaka ngalenza isambatho sami; ngaba yisaga kubo.

12 Abahlezi esangweni bakhuluma ngami; izidakwa ziyangihaya.

13 Kodwa mina, umkhuleko wami ukuwe Jehova esikhathini sokuzwelwa, Nkulunkulu; ngenxa yomusa wakho omkhulu ngiphendule eqinisweni lensindiso yakho.

14 Ngikhiphe odakeni, mangingashoni; mangisindiswe kubo abangizondayo, nasemanzini alutwa.

15 Isikhukhula samanzi masingangicwilisi, utwa lungangigwinyi, umgodi ungangivaleli emlonyeni wawo.

16 Ngiphendule, Jehova, ngokuba umusa wakho ulungile; uphendukele kimi ngokobubele bakho obukhulu.

17 Ungayifihleli inceku yakho ubuso bakho, ngokuba ngiyahlupheka; shesha ungiphendule.

18 Sondela kuwo umphefumulo wami, uwuhlenge, ngikhulule ngenxa yezitha zami.

19 Wena uyakwazi ukuthukwa kwami, namahloni ami nokudunyazwa kwami; zonke izitha zami ziphambi kwakho.

20 Ukuthukwa kuyaphulile inhliziyo yami, ngigula kakhulu; bengibheka ukuhawukelwa, kepha akwabakho, nabaduduzayo, kepha angibatholanga.

21 Banginika inyongo ibe ngukudla kwami; ekomeni kwami bangiphuzisa uviniga.

22 Itafula labo malibe yisihibe phambi kwabo, libe lugibe kwabahlezi bezithulele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Amehlo abo mawafiphale, ukuze bangaboni; izinkalo zabo zintengezele njalo.

24 Thela phezu kwabo ukunengwa kwakho; intukuthelo yakho evuthayo mayibafice.

25 Umuzi wabo mawuchitheke; makungabikho ohlala ematendeni abo.

26 Ngokuba oshaywe nguwe bayamzingela, baxoxa ngobuhlungu bezinkubela zakho.

27 Yengezela ukona ekoneni kwabo; mabangezi ekulungeni kwakho.

28 Mabesulwe encwadini yabaphilayo, bangalotshwa kanye nabalungileyo.

29 Mina kodwa ngihluphekile, ngibuhlungu; insindiso yakho, Nkulunkulu mayingilondoloze.

30 Ngiyakulibonga ngehubo igama likaNkulunkulu, ngimphakamise ngokubonga.

31 Kuyakuthandeka kuJehova kunenkomo, kunenkunzi enezimpondo nezinselo.

32 Kuyakuthi abayizivi bekubona, bajabule; nina enifuna uNkulunkulu, inhliziyo yenu mayiphile.

33 Ngokuba uJehova uyabalalela abampofu, neziboshwa zakhe akazideleli.

34 Uyakubongwa yizulu nomhlaba, yizilwandle nakho konke okuphila kuzo.

35 Ngokuba uNkulunkulu uzakulisindisa iSiyoni, akhe imizi yakwaJuda; bazakuhlala khona, ibe yifa labo.

36 Inzalo yezinceku zakhe iyakulidla ifa; abathanda igama lakhe bayakuhlala kuyo.

## AmaHubo 70

### Umkhuleko wocela ukusizwa

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Elokukhumbuza.

1 Nkulunkulu, phuthuma ungikhulule. Jehova, phuthuma ungisize.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Mabajabhe, bayangaze abafuna umphefumulo wami. Mababuyiselwe emuva, bajabhiswe abangifisela umonakalo.

3Abathi ashila, ashila mababuyele emuva ngenxa yokuhlazeka kwabo.

4Mabethabe, bajabule kuwe bonke abakufunayo; abathanda insindiso yakho mabasho njalonjalo, bathi: Makabe mkhulu uNkulunkulu.

5Ngokuba mina ngihluphekile, ngimpofu; Nkulunkulu, ngiphuthumele. Wena uyinsizakalo yami nomkhululi wami; Jehova, ungalibali.

## AmaHubo 71

### Umkhuleko wocela ukusizwa

1 Jehova, ngiyethemba wena; mangingajabhi naphakade.

2Ngikhulule ngokulunga kwakho, ungihlangulise; beka indlebe yakho kimi, ungisindise.

3 Yiba kimi idwala lokuhlala, ukuze ngiye kulo njalonjalo; ukuyalezile ukusindiswa kwami, ngokuba uyidwala lami nenqaba yami.

4Nkulunkulu wami, ngikhulule esandleni somubi, esandleni songalungile nesonakeleyo.

5Ngokuba wena uyithemba lami, Nkosi Jehova, ithemba lami kwasebusheni bami.

6 Ngencike kuwe kwasesiswini; nguwe owangikhipha ezibilinini zikamame; ukudumisa kwami kuyakuba ngawe njalo.

7Nginjengesimangaliso kwabaningi, kepha wena uyisiphephelo sami esinamandla.

8Umlomo wami uzakugcwala ukubonga wena, nalo udumo lwakho usuku lonke.

9Ungangilahli esikhathini sobudala, ungangishiyi ekupheleni kwamandla ami,

10ngokuba izitha zami zikhuluma ngami, nabawuhlomele umphefumulo wami bayahlebelana,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 bathi: UNkulunkulu umshiyile; zingelani nimbambe, ngokuba akakho
osindisayo.

12 Nkulunkulu, ungabi kude nami; Nkulunkulu, phuthuma ungisize.

13 Abamelene nomphefumulo wami mabajabhe, baphele; abangifunela
umonakalo mabembathe amahloni nenhlamba.

14 Mina kodwa ngiyakwethemba njalo, ngengeze ukudumisa ekudunyisweni
kwakho.

15 Umlomo wami uyakulanda ukulunga kwakho, nensindiso yakho lonke
usuku; ngokuba anginakukubala.

16 Ngiyakuletha izenzo ezinqabileyo zeNkosi uJehova; ngiyakubonga
ukulunga kwakho, okwakho kuphela.

17 Nkulunkulu, ungifundisile kwasebusheni bami; ngizilandile izimangaliso
zakho kuze kube manje.

18 Futhi mawungangishiyi, nxa ngimdala, ngiyimpunga, ngize ngishumayele
ingalo yakho kuso isizukulwane, amandla akho kubo bonke abezayo.

19 Ukulunga kwakho, Nkulunkulu, kufinyelele ezulwini; wena owenze izinto
ezinkulu, Nkulunkulu, ngubani onjengawe na?

20 Wena owasizwisa izinhlupheko eziningi ezimbi, uyakubuye usiphilise,
usikhuphule ezinzulwini zomhlaba.

21 Yandisa udumo lwami, ubuye ungiduduze.

22 Yikhona nami ngizakububonga ubuqotho bakho, Nkulunkulu wami,
ngogubhu lwezintambo; ngizakukudumisa ngehabhu wena oNgcwele ka-
Israyeli.

23 Izindebe zami zizakujabula, ngokuba ngizakukudumisa wena,
nomphefumulo wami owuhlengileyo.

24 Ulimi lwami futhi luzakukhuluma lonke usuku ngokulunga; ngokuba
badunyaziwe, bajabhisiwe abangifunela umonakalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## AmaHubo 72

**Ukukhulekela ogcotshiweyo kaNkulunkulu**
ElikaSolomoni.

1 Nkulunkulu, nika inkosi izahlulelo zakho nendodana yenkosi ukulunga kwakho.

2Iyakwahlulela isizwe sakho ngeqiniso nezihlupheki zakho ngemfanelo.

3 Izintaba ziyakuletha ukuthula kubantu; kanjalo namagquma, ngokulunga.

4 Izakubahlulela abahluphekileyo kubantu, isindise abantwana babampofu, imphohloze onokhahlo.

5 Bayakwesaba wena, kusekhona ilanga nenyanga, izizukulwane ngezizukulwane.

6Iyakwehla njengemvula edlelweni, njengesihlambi esimatisa umhlaba.

7 Ezinsukwini zayo olungileyo uyakuqhakaza, kuvame ukuthula, ize ingabikho inyanga.

8 Iyakubusa kusukela elwandle kuze kube selwandle, kusukela emfuleni kuze kube semikhawulweni yomhlaba.

9 Abakhe ehlane bayakukhothama phambi kwayo; izitha zayo zizakukhotha uthuli.

10 Amakhosi aseTharishishi naweseziqhingini ayakuletha izipho; amakhosi aseSheba naseSeba ayakwethula izipho.

11Onke amakhosi ayakuziwisa phambi kwayo; zonke izizwe ziyakuyikhonza.

12Ngokuba iyakukhulula ompofu ozikhalela kuyo, nohluphekayo ongenamsizi.

13Iyakuhawukela odangeleyo nompofu; iyakusindisa imiphefumulo yabampofu.

14 Iyakukhulula umphefumulo wabo okhahlweni nasendluzuleni; igazi labo liyakuba yigugu emehlweni ayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Iyakuphila, bayinike igolide laseSheba, bayithandazele njalo, bayibusise lonke usuku.

16 Kuyakuba khona inala kakolweni ezweni esiqongweni sezintaba; ukudla kwalo kuyakuhashazela njengeLebanoni; abemizi bayakukhahlela njengotshani bomhlaba.

17 Igama layo liyakuma kuze kube phakade; igama layo liyakuxhanta, lisekhona ilanga; bayakuzibusisa ngayo; bonke abezizwe bayakuthi ibusisiwe.

18 Makabongwe uJehova uNkulunkulu, uNkulunkulu ka-Israyeli, onguye yedwa owenza izimangaliso.

19 Malibongwe igama lakhe lenkazimulo kuze kube phakade, umhlaba wonke ugcwale inkazimulo yakhe. Amen, Amen.

20 Imikhuleko kaDavide indodana kaJese isaphelile.

## AmaHubo 73

### Incwadi Yesithathu

Amahubo 73 -- 89

### Umkhuleko wowethemba uNkulunkulu

Ihubo lika-Asafa.

1 Impela uNkulunkulu umnene ku-Israyeli, kubo abanenhliziyo ehlanzekileyo.

2 Kepha mina, izinyawo zami zicishe zakhubeka; kwaba kancane ukuba izinyathelo zami zishelele.

3 Ngokuba ngaba nomhawu ngabazidlayo, lapho ngibona ukubusa kwababi.

4 Ngokuba abanabuhlungu kuze kube sekufeni kwabo, namandla abo aqinile.

5 Abahlupheki njengabanye abantu; abahlushwa njengabanye abantu.

6 Ngakho-ke iqholo lingumnaka wabo; indluzula ibembesa njengengubo.

7 Amehlo abo aphinqekile ngokunona; imicabango yenhliziyo iyachichima.

8 Bayaklolodela; ebubini bakhuluma ngokukhahla; bakhuluma besekuphakamemi.

9 Umlomo wabo bawuphakamisela ezulwini; ulimi lwabo luhambela emhlabeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Ngakho-ke isizwe sakhe sibuyela lapha; amanzi amaningi bazimuncela
wona.

11 Bathi: UNkulunkulu wazi kanjani na? Imbala kukhona ukwazi
koPhezukonke na?

12 Bheka, laba bayibo ababi; bazinza njalo; bandisa imfuyo.

13Impela ngiyihlanzele ize inhliziyo yami, ngahlamba izandla zami
ngingenacala,

14ngokuba ngahlushwa usuku lonke; kwasa ngijeziswa.

15Uma bengithe, ngizakukhuluma kanjalo, bheka, ngabe ngisikhohlisile
isizukulwane sabantwana bakho.

16Kwathi ngicabanga ukuba ngikuqonde lokho, kwaba luhlupho emehlweni
ami,

17ngaze ngangena endlini engcwele kaNkulunkulu, ngaqaphelisisa ukugcina
kwabo.

18 Impela ubabeka ezindaweni ezibushelezi; ubawisa babe yincithakalo.

19Maye, bachithwa ngokuphazima kweso! Bashona, babhubha benovalo.

20 Njengephupho ekuphaphameni, Nkosi, uyakudelela umfanekiso wabo
ekuvukeni kwakho.

21Kwathi inhliziyo yami yaba nomunyu, kuhlaba ezinsweni zami,

22ngaba yisiphukuphuku, angaqonda lutho; ngaba yisilwane kuwe.

23Kepha mina ngiyakube ngikuwe njalo; ungibambile ngesandla sami
sokunene.

24 Uyakungihola ngesiluleko sakho, andukuba ungamukele enkazimulweni.

25Nginobani ezulwini na? Uma nginawe, angifuni lutho emhlabeni.

26 Inyama yami nenhliziyo yami iyaphela; nokho uNkulunkulu uyidwala
lenhliziyo yami nesabelo sami kuze kube phakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[27]Ngokuba bheka, abakude nawe bayakubhubha; uyabachitha bonke abahlubukayo kuwe ngokuphinga.

[28]Kepha mina kungilungele ukusondela kuNkulunkulu; ngenzile iNkosi uJehova ibe yisiphephelo sami, ukuze ngishumayele zonke izenzo zakho.

## AmaHubo 74

### Ukukhala ngethempeli elingcolisiweyo

IMaskili lika-Asafa.

[1]Nkulunkulu, usilahleleni kuze kube phakade na? Intukuthelo yakho ithunqelelani izimvu zedlelo lakho na?

[2]Khumbula ibandla lakho owalizuza endulo, owalikhulula ukuba libe yisifunda sefa lakho, nentaba yaseSiyoni ohlala kuyo.

[3]Lulamisela izinyawo zakho emidilikweni yaphakade; isitha sone konke endlini engcwele.

[4]Izitha zakho zibhongile phakathi kwendlu yakho yokubuthana, zamisa izimpawu zazo zaba yizimpawu.

[5]Zaba sengathi abantu baphakamisa amazembe emithini eminyeneyo.

[6] Konke okubaziweyo kwayo sezikuphohloze ngembazo nangesando.

[7] Zayokhela indlu yakho engcwele; indlu yegama lakho zayidumaza kwaze kwaba phansi emhlabathini.

[8]Zathi enhliziyweni yazo: Masibachithe kanyekanye, zashisa zonke izindlu zokubuthana zikaNkulunkulu ezweni.

[9] Izimpawu zethu asiziboni; akusekho mprofethi; akakho kithina owaziyo ukuthi koze kube nini.

[10]Nkulunkulu, koze kube nini umcindezeli ethuka, isitha sihlambalaza igama lakho njalo, na?

[11]Usihoshelani isandla sakho, isandla sakho sokunene, na? Sihoshe esifubeni sakho, uzichithe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Nokho uNkulunkulu uyiNkosi yami kwaphakade eyenza insindiso emhlabeni.

13 Nguwena owahlukanisa ulwandle ngamandla akho, wachofoza amakhanda ezilo ezesabekayo emanzini.

14Nguwena owaphohloza amakhanda kaLeviyathani, wamnika abe ngukudla kwezidalwa zasehlane.

15 Nguwena owaqhamukisa isiphethu nomfudlana; nguwe owomisa imifula egobhoza njalo.

16 Usuku ngolwakho, nobusuku ngobakho; nguwena owenza ukukhanya nelanga.

17Nguwena owamisa yonke imikhawulo yomhlaba; nguwe owenza ihlobo nobusika.

18Khumbula lokhu, Jehova, ukuthi isitha sithukile, nesizwe esinobuwula silihlambalazile igama lakho.

19Ungawunikeli umphefumulo wejuba lakho esilwaneni; ungakhohlwa ukuphila kwezihlupheki zakho njalo.

20Khumbula isivumelwano, ngokuba izindawo ezimnyama zezwe zigcwele izindlu zobudlova.

21Ocindezelweyo makangabuyi ejabhile; ohluphekayo nompofu mababonge igama lakho.

22Vuka, Nkulunkulu, uyimele indaba yakho; khumbula ukuthi uklolodelwa yiziwula usuku lonke.

23Ungakhohlwa izwi lezitha zakho, ukuxokozela kwabakuvukelayo okwenyukela njalonjalo.

## AmaHubo 75

### Umahluleli wezwe nesitsha sakhe sentukuthelo

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Ungachithi. Ihubo lika-Asafa. Igama.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1Siyakubonga, Nkulunkulu, siyabonga; igama lakho liseduze; balanda izimangaliso zakho.

2 Lapho ngiyakugcina isikhathi esimisiweyo, ngiyakwahlulela ngokulunga.

3 Umhlaba uyancibilika nabo bonke abakhe kuwo; mina ngimisile izinsika zawo. ***Sela***

4 Ngithe kwabazidlayo: Ningazidli, nakwababi: Ningaphakamisi uphondo.

5Ningaluphakamiseli phezulu uphondo lwenu, ningajoqi ngentamo elukhuni.

6Ngokuba ukuphakanyiswa akuveli empumalanga nasentshonalanga nasehlane lasezintabeni,

7 kepha uNkulunkulu ungumahluleli; omunye uyamehlisa, omunye amphakamise.

8 Ngokuba esandleni seNkosi kukhona isitsha; iwayini liyakhephuza; sigcwele ngeliqungiweyo, yona iyathulula ngaso; impela bonke ababi emhlabeni bayakuyimunca inhleze yalo, bayiphuze.

9Kepha mina ngiyakumemezela ngakho kuze kube phakade, ngidumise uNkulunkulu kaJakobe.

10Zonke izimpondo zababi ngiyakuzinquma; kepha izimpondo zolungileyo ziyakuphakanyiswa.

## AmaHubo 76

**UNkulunkulu ungumahluleli nomkhululi**

Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu. Ihubo lika-Asafa. Igama.

1 UNkulunkulu uyaziwa kwaJuda, igama lakhe likhulu kwa-Israyeli.

2Itabernakele lakhe liseSalema, nendlu yakhe iseSiyoni.

3 Waphula lapho imicibisholo yomnsalo, nesihlangu, nenkemba, nempi. ***Sela***

4Uyakhazimula ngobukhosi, lapho uvela ezintabeni zempango.

5 Bachithekile abaqinile ngenhliziyo, balele ubuthongo babo; amaqhawe awafumanisanga izandla zawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[6]Ngokusola kwakho, Nkulunkulu kaJakobe, kwehlelwa ngubuthongo inqola kanye nehhashi.

[7] Wena, yebo, wena uyesabeka; ngubani ongema ebusweni bakho ngesikhathi solaka lwakho na?

[8]Wezwakalisa ukwahlulela kuvela ezulwini; umhlaba wesaba, wathula

[9]mhla evuka uNkulunkulu ukuba ahlulele, asindise bonke abathobekileyo bomhlaba. ***Sela***

[10] Ngokuba ulaka lomuntu luyakukudumisa; insalelo yolaka uyakuyibhinca.

[11] Thembisani, nigcwalise izithembiso kuJehova uNkulunkulu wenu. Bonke abamzungezileyo mabalethe izipho kuye owEsabekayo.

[12] Uyanquma umoya wezikhulu, wesabeka kuwo amakhosi omhlaba.

## AmaHubo 77

### UNkulunkulu waphakade uyisiphephelo sabantu bakhe

Kumholi wokuhlabelela. KuJeduthuni. Elika-Asafa. Ihubo.

[1]Izwi lami ngiyakuliphakamisela kuNkulunkulu, ngikhale kuNkulunkulu ukuba angibekele indlebe.

[2] Osukwini losizi lwami ngiyayifuna iNkosi; ebusuku isandla sami seluliwe, asidangali; umphefumulo wami wala ukududuzwa.

[3] Ngiyamkhumbula uNkulunkulu ngibubula; ngiyazindla, umoya wami uyaphela amandla. ***Sela***

[4] Uzibambile izinkophe zamehlo ami, angavaleki; ngikhathazekile, angisakwazi ukukhuluma.

[5] Ngiyazindla ngezinsuku zasendulo, ngeminyaka yaphakade.

[6]Ebusuku ngiyakhumbula ukubetha kwami ugubhu, ngizindla enhliziyweni yami; nomoya wami uyahlolisisa.

[7] INkosi iyakulahla kuze kube phakade na? Ayisenakuphinda ibe nomusa na?

[8]Umusa wayo unqamukile njalo yini na? Isithembiso siphelile yini ezizukulwaneni ngezizukulwane na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

9UNkulunkulu ukhohliwe ukuba abe nomusa na? Uvalele ububele bakhe ngolaka na? ***Sela***

10 Ngase ngithi: Yilokhu ukuhlupheka kwami, ngokuba isandla sokunene soPhezukonke siphendukile.

11Ngiyakukhumbula izenzo zikaJehova, yebo, ngikhumbule izimangaliso zasendulo,

12ngicabange ngawo wonke umsebenzi wakho, ngizindle ngezenzo zakho.

13 Indlela yakho, Nkulunkulu, isebungcweleni; ngubani ongunkulunkulu omkhulu njengoNkulunkulu na?

14Wena unguNkulunkulu owenza izimangaliso; amandla akho uwazisile ezizweni.

15 Ngengalo yamandla wasindisa abantu bakho, amadodana kaJakobe noJosefa. ***Sela***

16 Amanzi akubona, Nkulunkulu, amanzi akubona, athuthumela, nezintwa zazamazama.

17Amafu athela amanzi, izulu laduma, imicibisholo yakho yaphuma.

18Izwi lokuduma kwakho lalisesivunguvungwini; imibani yakhanyisa izwe; umhlaba wadikizela, wazamazama.

19 Indlela yakho yayiselwandle, nomendo wakho wawusemanzini amaningi, kodwa izinyathelo zakho zazingaziwa.

20 Wahola abantu bakho njengezimvu ngesandla sikaMose no-Aroni.

## AmaHubo 78

### Isifundiso esivela endabeni yasendulo kwa-Israyeli

IMaskili lika-Asafa.

1Zwanini, bantu bami, umthetho wami, nibeke izindlebe zenu emazwini omlomo wami.

2 Ngizakuvula umlomo wami ngomfanekiso, ngibonakalise izimfihlakalo zasendulo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Esikuzwileyo sakwazi, nawobaba abasitshela khona,

4asinakukufihla kubantwana babo, izindumiso zikaJehova zisitshele kuso isizukulwane esizayo, namandla akhe nezimangaliso zakhe azenzileyo.

5 Ngokuba wamisa ubufakazi kwaJakobe, wabeka umthetho kwa-Israyeli, ayala ngawo obaba ukuba bafundise abantwana babo,

6ukuze isizukulwane esilandelayo sazi, abantwana abayakuzalwa, bavuke, batshele abantwana babo,

7babeke ithemba labo kuNkulunkulu, bangakhohlwa imisebenzi kaNkulunkulu, kepha bagcine imiyalo yakhe.

8 Bangabi njengawoyise, isizukulwane esiphambeneyo nesihlubukayo, isizukulwane esingaqinisanga inhliziyo yaso, nesimoya waso wawungathembekile kuNkulunkulu.

9Abantu bakwa-Efrayimi, sebehlomile bephethe iminsalo, babuyela emuva ngosuku lokulwa.

10 Abasigcinanga isivumelwano sikaNkulunkulu, benqaba ukuhamba emthethweni wakhe,

11bakhohlwa imisebenzi yakhe nezimangaliso zakhe abebabonisile zona.

12 Wazenza izimangaliso emehlweni awoyise ezweni laseGibithe endaweni yaseSowani.

13Wahlukanisa ulwandle, wabawelisa; wamisa amanzi njengodonga.

14 Wabahola ngefu emini, nobusuku bonke ngokukhanya komlilo.

15 Waqhekeza amadwala ehlane, wabaphuzisa njengasotweni olujulileyo.

16Waphumisa edwaleni izifufula, wehlisa amanzi njengemifula.

17Nokho baqhubeka benza ukona kuye, baphambana noPhezukonke ehlane.

18 Bamlinga uNkulunkulu enhliziyweni yabo ngokucela ukudla abakufisayo.

19Bakhuluma kabi ngoNkulunkulu, bathi: UNkulunkulu angalungisa isithebe ehlane na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Bhekani, washaya idwala, kwaphuma amanzi, nemifula yampompoza;
kepha angabanika nesinkwa, alungisele abantu bakhe inyama, na?

[21] Ngalokho uJehova ekuzwa lokho wathukuthela, kwavutha umlilo
ngoJakobe, ulaka lwavuka ngo-Israyeli;

[22]ngokuba abakholwanga nguNkulunkulu, abathembanga ensindisweni
yakhe.

[23]Nokho wayala amafu phezulu, wavula iminyango yezulu,

[24] wanisa phezu kwabo imana kube ngukudla, wabapha amabele ezulu;

[25]abantu badla isinkwa sezingelosi, bathunyelwa ukudla ngokugcweleyo.

[26] Waphumisa umoya wasempumalanga ezulwini; ngamandla akhe waqhuba
umoya waseningizimu.

[27]Wawisa phezu kwabo inyama njengothuli, nezinyoni ezinamaphiko
njengesihlabathi solwandle.

[28]Wakwehlisa phakathi kwekamu labo naphakathi kwezindlu zabo.

[29]Badla, basuthiswa kakhulu; baphiwa abakufisayo.

[30]Bebengakahlukani nokufisa kwabo, ukudla kwabo kusesemlonyeni wabo,

[31]intukuthelo kaNkulunkulu yabavukela, wabulala abakhulupheleyo babo,
wawisa phansi izinsizwa zakwa-Israyeli.

[32] Nokho bona njalo, abakholwanga yizimangaliso zakhe.

[33] Ngakho waqedela izinsuku zabo ezeni neminyaka yabo ovalweni.

[34]Lapho ebabulala, bamfuna; babuye bamfunisisa uNkulunkulu.

[35]Base bekhumbula ukuthi uNkulunkulu uyidwala labo; uNkulunkulu
oPhezukonke ungumkhululi wabo.

[36] Kepha bamthopha ngomlomo wabo, baqamba amanga kuye ngolimi lwabo;

[37]ngokuba inhliziyo yabo yayingabambeleli kuye, bengathembekile
esivumelwaneni sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

38 Kepha yena enesihawu wathethelela ububi babo, akabhubhisanga; yebo, wabamba kaningi intukuthelo yakhe, akavusanga lonke ulaka lwakhe.

39 Wakhumbula ukuthi bayinyama, bangumoya odlulayo ongabuyiyo.

40 Kwaba kaningi kangakanani bephambana naye ehlane, bemdabukisa kwahlongasibi.

41 Babuye bamlinga uNkulunkulu, bamdabukisa oNgcwele ka-Israyeli.

42 Abakhumbulanga isandla sakhe nosuku abahlenga ngalo ezitheni,

43 lapho ezenza izibonakaliso zakhe eGibithe nezimangaliso zakhe endaweni yaseSowani.

44 Waphendula lapho imifula yabo nemifudlana yabo yaba yigazi, ukuze bangabi nakuphuza.

45 Wathumela phakathi kwabo izibawu ezabadlayo namasele ababhubhisayo.

46 Wanika imiswenya ukudla kwabo, nomsebenzi wabo isikhonyane.

47 Wabulala imivini yabo ngesichotho, nemikhiwane yabo ngesangqquma.

48 Wanikela izinkomo zabo esichothweni nezimvu zabo kuyo imibani.

49 Waphonsa kubo ukuvutha kwentukuthelo yakhe, nolaka, nokufutheka, nokuhlupheka, ngokuthuma izithunywa zobubi.

50 Walungisela intukuthelo yakhe indlela; akaphephisanga umphefumulo wabo ekufeni, kepha wanikela ukuphila kwabo ezifweni.

51 Washaya amazibulo onke aseGibithe, okokuqala kwamandla abo ematendeni kaHamu.

52 Kepha waphumisa abantu bakhe njengezimvu; wabahola ehlane njengomhlambi.

53 Wabahola kahle, abaze besaba; kepha ulwandle lwasibekela izitha zabo.

54 Wabayisa emnceleni wakhe ongcwele, entabeni esasiyizuzile isandla sakhe sokunene.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

55 Waxosha abezizwe phambi kwabo; edabula izwe wababela ifa, wahlalisa
izizwe zakwa-Israyeli ematendeni azo.

56 Nokho bamlinga, baphambana noNkulunkulu oPhezukonke, abaze bagcina
imiyalo yakhe.

57 Bahoshekela emuva, bakhohlisa njengawoyise, baphenduka njengomnsalo
ogejayo.

58 Bamthukuthelisa ngezindawo zabo eziphakemeyo, bamcunula ngezithombe
zabo.

59UNkulunkulu ekuzwa lokho wathukuthela, wamlahla impela u-Israyeli.

60 Walishiya itebernakele laseShilo, itende abelimisile phakathi kwabantu.

61Wanikela amandla akhe ekuthunjweni, nenkazimulo yakhe esandleni
sesitha.

62Wanikela abantu bakhe enkembeni, wathukuthelela ifa lakhe.

63Izinsizwa zabo zadliwa ngumlilo; izintombi zabo azihutshelwanga.

64Abapristi babo bawa ngenkemba; abafelokazi babo abaze balila.

65Yayisivuka iNkosi njengokade elele, njengesiqhwaga esikade sahlulwa
yiwayini,

66yazishayela emuva izitha zayo, yazithela ngehlazo eliphakade.

67Yalahla indlu kaJosefa, ayikhethanga isizwe sakwa-Efrayimi.

68 Kepha yakhetha isizwe sakwaJuda, intaba yaseSiyoni eyithandayo.

69Yayakha indlu yayo engcwele njengezintaba nanjengomhlaba ewusekeleyo
kuze kube phakade.

70 Yakhetha uDavide inceku yayo, yamthabatha ezibayeni zezimvu.

71 Esalandele izimvukazi ezenyisayo, yamthabatha ukuba abeluse abantu
bayo uJakobe, nefa layo u-Israyeli.

72Njalo wabelusa ngobuqotho benhliziyo yakhe, wabahola ngenhlakanipho
yesandla sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## AmaHubo 79

**Isililo sososizini olukhulu nomkhuleko wokusizwa**
Ihubo lika-Asafa.

1 Nkulunkulu, abezizwe bangenile efeni lakho; bangcolisile ithempeli lakho elingcwele; benze iJerusalema libe yincithakalo.

2 Bazinikile izidumbu zezinceku zakho zibe ngukudla kwezinyoni zezulu, inyama yabakwesabayo kuzo izilo zomhlaba.

3 Bachithile igazi labo njengamanzi nxazonke zeJerusalema, akwababikho obembelayo.

4 Sesiyisihlamba kubakhelwane bethu, umbhinqo nenhlekiso kwabasiphahlileyo.

5 Koze kube nini, Jehova, uthukuthele njalo, ukushisekela kwakho kuvutha njengomlilo, na?

6 Thela ulaka lwakho phezu kwabezizwe abangakwaziyo naphezu kwemibuso engakhulekeli igama lakho.

7 Ngokuba sebemdlile uJakobe, umuzi wakhe sebewuchithile.

8 Mawungasibaleli amacala akuqala; umusa wakho mawusheshe usihlangabeze, ngokuba sesibuthakathaka kakhulu.

9 Sisize, Nkulunkulu wensindiso yethu, ngenxa yenkazimulo yegama lakho; usikhulule, usithethelele izono zethu ngenxa yegama lakho.

10 Bangasholoni abezizwe ukuthi: Uphi uNkulunkulu wabo na? Makwazeke kwabezizwe emehlweni ethu ukuphindiselwa kwegazi lezinceku zakho elichithiweyo.

11 Ukububula kwesiboshwa makuze phambi kwakho; londoloza ngobukhulu bengalo yakho asebengabantwana bokufa.

12 Buyisela kubakhelwane bethu, kuphindwe kasikhombisa esifubeni sabo inhlamba abakuhlambalaza ngayo, Nkosi.

13 Khona thina bantu bakho, izimvu zedlelo lakho, siyakukubonga kuze kube phakade, sishumayele udumo lwakho ezizukulwaneni ngezizukulwane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

## AmaHubo 80

### Umkhuleko wokusizwa kuka-Israyeli

Kumholi wokuhlabelela. Indlela: Iminduze; ubufakazi. Elika-Asafa. Ihubo.

1 Yizwa, malusi ka-Israyeli, ohola uJosefa njengomhlambi, ohlezi phezu kwamakherubi; mawubonakale ngokukhazimula.

2Vusa amandla akho phambi kuka-Efrayimi noBenjamini noManase, uze ukusisindisa.

3 Sibuyise, Nkulunkulu, ukhanyise ubuso bakho, khona siyakusindiswa.

4Jehova Nkulunkulu Sebawoti, koze kube nini uthunqela ngolaka umkhuleko wabantu bakho na?

5 Wabapha isinkwa sezinyembezi, wabaphuzisa izinyembezi ngesilinganiso esikhulu.

6 Usenza sibe yinto ebangwa ngabakhelwane bethu, nezitha zethu zisihleka usulu.

7Sibuyise, Nkulunkulu Sebawoti, ukhanyise ubuso bakho, khona siyakusindiswa.

8 Wakhipha umvini eGibithe, waxosha abezizwe, watshala wona.

9Wawulungisela indawo phambi kwawo, wagxila, wagcwalisa umhlaba.

10Izintaba zambozwa ngumthunzi wawo, nemisedari kaNkulunkulu ngamagatsha awo.

11 Wenabisa amagatsha awo, aze afika elwandle, namaxhantela awo, aze afika emfuleni.

12 Uzidilizeleni izintango zawo, baze bawukhe bonke abadlula ngendlela, na?

13Ingulube yasehlathini iyawudla, nezilwane zasendle ziyawuqothula.

14Nkulunkulu Sebawoti, mawubuye; bheka usezulwini, ubone, unakekele lo mvini,

15 yebo, lo mvini otshalwe ngesokunene sakho, nendodana ozikhulisele yona.

16Ushiswe ngumlilo, unqunyiwe; bayakubhubha ngokukhuza kobuso bakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Isandla sakho masibe phezu kwendoda yesokunene sakho, phezu
kwendodana yomuntu ozikhulisele yona;

18khona asisayikuhoshekela emuva kuwe; siphilise, khona siyakukhuleka
egameni lakho.

19Sibuyise, Jehova Nkulunkulu Sebawoti; ukhanyise ubuso bakho, khona
siyakusindiswa.

## AmaHubo 81

### Ihubo lomkhosi

Kumholi wokuhlabelela. NgeGititi. Elika-Asafa.

1Halalisani uNkulunkulu amandla ethu, nimemeze ngokujabula
kuNkulunkulu kaJakobe.

2Hlabani ihubo, nithathe isigubhu nehabhu elihle nogubhu.

3 Bethani icilongo ekwethwaseni kwenyanga nasekuhlanganeni kwenyanga
ngosuku lomkhosi wethu.

4Ngokuba kuyisimiso kwa-Israyeli nomthetho kaNkulunkulu kaJakobe.

5Kungubufakazi abumisayo kwaJosefa mhla ephuma ezweni laseGibithe.
Ngizwa ulimi ebengingalwazi luthi:

6 Ngasusa ihlombe lakhe emthwalweni, izandla zakhe zakhululeka eqomeni
lokuthwala.

7 Wakhuleka usosizini, ngakukhulula; ngakuphendula ngisekusithekeni
kokuduma, ngakuvivinya ngasemanzini aseMeriba. ***Sela***

8 Zwanini, bantu bami, ngizakufakaza kini ukuthi: O Israyeli, sengathi
ungangilalela!

9 Makungabikho kuwe unkulunkulu omunye, ungakhuleki kunkulunkulu
wabezizwe.

10Mina nginguJehova uNkulunkulu wakho owakukhuphula ezweni
laseGibithe; khamisa umlomo wakho, ngiwugcwalise.

11 Kepha abantu bami abalalelanga izwi lami, u-Israyeli akanginakanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngase ngibayeka enkanini yenhliziyo yabo ukuba bahambe ngokuthanda kwabo.

13 Sengathi abantu bami bangangizwa, u-Israyeli ahambe ezindleleni zami.

14 Bengiyakuthobisa masinyane izitha zabo, ngiselulele isandla sami kwabamelene nabo.

15 Abazondi bakaJehova bebeyakuzithobela kuye, kepha isikhathi sabantu bami besiyakuba khona kuze kube phakade.

16 Ubeyakubapha ukolweni omuhle; yebo, bengiyakubasuthisa ngezinyosi zasesiweni.

## AmaHubo 82

### UNkulunkulu ungumahluleli oyenayena

Ihubo lika-Asafa.

1 UNkulunkulu umi emhlanganweni wawonkulunkulu; uyahlulela phakathi kwawonkulunkulu.

2 Koze kube nini nahlulela ngokungalungile nikhetha ubuso bababi na? ***Sela***

3 Yahlulelani ompofu nentandane, nimenzele okufaneleyo olusizi noswelayo.

4 Khululani oswelayo nompofu, nibophule esandleni sababi.

5 Abanakwazi, abanakuqonda, bahamba ebumnyameni; izisekelo zonke zomhlaba ziyazamazama.

6 Mina ngathi: Ningonkulunkulu nina, nonke ningamadodana oPhezukonke.

7 Kanti nokho niyakufa njengabantu nje, niwe njengesinye sezikhulu.

8 Vuka, Nkulunkulu, wahlulele umhlaba, ngokuba wena uyindlalifa yezizwe zonke.

## AmaHubo 83

### Umkhuleko wokuba zichithwe izitha zika-Israyeli

Igama. Ihubo lika-Asafa.

1 Nkulunkulu, ungathuli, ungalibali, ungali ukukhuluma, Nkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Ngokuba bheka, izitha zakho ziyaxokozela, nabakuzondayo baphakamisa ikhanda.

3Ngobuqili benza uzungu ngabantu bakho, bacebisana ukulwa nabathukusiweyo bakho.

4Bathi: Wozani sibaqothule, bangabe besaba yisizwe, negama lika-Israyeli lingabe lisakhunjulwa.

5Baceba nganhliziyonye, benza isivumelwano ngawe:

6amatende ka-Edomi naka-Ishmayeli, nakaMowabi nakaHagari,

7noGebali, no-Amoni, no-Amaleki, neFilistiya nabakhile eTire.

8 Ne-Asiriya lahlangana nabo, laba yingalo yabantwana bakaLoti. ***Sela***

9 Yenza kubo njengakuMidiyani, nakuSisera, nakuJabini ngasemfuleni iKishoni,

10ababhubhela e-Eni Dori, baba ngumquba womhlabathi.

11 Amakhosana abo wenze abe njengo-Orebi noZebi, nabakhulu babo bonke njengoZeba noSalimuna

12ababethi: Masizithabathele amadlelo kaNkulunkulu.

13 Nkulunkulu wami, benze babe njengezibi ezikhwishizayo, njengamakhoba amuka nomoya.

14Njengomlilo oshisa ihlathi, njengelangabi elithungela izintaba,

15baxoshe kanjalo ngesivunguvungu sakho, ubethuse ngesiphepho sakho.

16Thela ubuso babo ngehlazo, baze bafune igama lakho, Jehova.

17Mabahlazeke, baphele amandla kuze kube phakade; mabahluleke, babhubhe,

18 bazi ukuthi nguwe wedwa ogama lakho linguJehova; ungoPhezukonke emhlabeni wonke.

## AmaHubo 84

### Izindlu zikaJehova ziyathandeka

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

Kumholi wokuhlabelela. NgeGititi. Elamadodana kaKora. Ihubo.

1 Zithandeka kangaka izindlu zakho, Jehova Sebawoti.

2 Umphefumulo wami ulangazelela, womela amagceke kaJehova; inhliziyo yami nomzimba wami kuyahuba ngokwethaba kuNkulunkulu ophilayo.

3 Ngokuba umzwilili ufumene indlu, nenkonjane isidleke sayo, lapho ibeka khona amazinyane ayo, ngisho ama-altare akho, Jehova Sebawoti, Nkosi yami, Nkulunkulu wami.

4 Babusisiwe abahlala endlini yakho; bayakuhlala bebonga wena. ***Sela***

5 Ubusisiwe umuntu omandla akhe akuwe, abazindlela zakho zisezinhliziyweni zabo.

6 Bedabula imfunda yezinyembezi bayenza ibe yindawo yeziphethu; yebo, nemvula yokuqala iyayisibekela ngezibusiso.

7 Baqhubeka emandleni, baze babonakale phambi kukaNkulunkulu eSiyoni.

8 Jehova Nkulunkulu Sebawoti, yizwa umkhuleko wami, ubeke indlebe, Nkulunkulu kaJakobe. ***Sela***

9 Wena Nkulunkulu, siHlangu sethu, bheka, ubuke ubuso bogcotshiweyo wakho.

10 Ngokuba usuku lunye emagcekeni akho luhle kunezinye eziyizinkulungwane. Ngiyakhetha ukulinda emnyango wendlu kaNkulunkulu wami kunokuhlala ematendeni ababi.

11 Ngokuba uJehova uNkulunkulu uyilanga nesihlangu; uJehova uyakupha umusa nodumo; akayikubenqabela okuhle abahamba ngobuqotho.

12 Jehova Sebawoti, ubusisiwe umuntu okwethembayo.

## AmaHubo 85

**Isizwe sikaNkulunkulu sicelelwa isibusiso esisha**
Kumholi wokuhlabelela. Elamadodana kaKora; Ihubo.

1 Jehova, wabusisa izwe lakho, wambuyisa uJakobe ekuthunjweni.

2 Wasusa icala labantu bakho, wasibekela zonke izono zabo. ***Sela***

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[3]Wamukisa yonke intukuthelo yakho, waphenduka ekuvutheni kolaka lwakho.

[4]Sibuyise, Nkulunkulu wensindiso yethu, ulahle ukusicanukela kwakho.

[5] Uyakusithukuthelela njalonjalo na? Uyakwelulela ulaka lwakho ezizukulwaneni ngezizukulwane na?

[6]Awuzukusivusa, sibuye siphile, ukuze abantu bakho bathokoze ngawe, na?

[7]Sitshengise umusa wakho, Jehova, usiphe insindiso yakho.

[8]Mangizwe lokho uNkulunkulu uJehova azakukukhuluma; uyakhuluma ukuthula kubantu bakhe nakubo abamesabayo; mabangabuyeli ebuwuleni.

[9] Impela insindiso yakhe iseduze nabamesabayo, ukuze kuhlale udumo ezweni lethu.

[10]Kuyakuhlangabezana umusa neqiniso, kwangane ukulunga nokuthula.

[11] Kuyakuhluma iqiniso emhlabeni, kulunguzele phansi nokulunga kwasezulwini.

[12] Yebo, uJehova uyakuveza okuhle; izwe lethu liyakuthela izithelo zalo.

[13]Ukulunga kuyakuhamba phambi kwakhe, kwenzele izinyawo zakhe indlela.

## AmaHubo 86

### Umkhuleko wososizini

Umkhuleko kaDavide.

[1]Beka indlebe yakho, Jehova, ungiphendule, ngokuba ngilusizi, ngimpofu.

[2] Londoloza umphefumulo wami, ngokuba ngingoqotho; wena Nkulunkulu wami, sindisa inceku yakho ekwethembayo.

[3]Yiba nomusa kimi, Nkosi, ngokuba ngikhala kuwe usuku lonke.

[4] Thokozisa umphefumulo wenceku yakho, ngokuba kuwena, Nkosi, ngiyawuphakamisela umphefumulo wami.

[5] Ngokuba wena, Nkosi, umuhle, ungothethelelayo, unomusa omkhulu kubo bonke abakhala kuwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Jehova, beka indlebe ekukhulekeni kwami, ulalele izwi lokunxusa kwami.

7 Ngosuku losizi lwami ngikhala kuwe, ngokuba uzakungiphendula.

8 Phakathi kwawonkulunkulu akakho onjengawe Nkosi; akukho okunjengemisebenzi yakho.

9 Izizwe ozenzileyo ziyakufika zonke, zikhuleke phambi kwakho, Nkosi, zidumise igama lakho.

10Ngokuba umkhulu wena, uyenza izimangaliso, unguNkulunkulu wena wedwa.

11 Ngifundise, Jehova, indlela yakho; ngiyakuhamba eqinisweni lakho; yenza inhliziyo yami iqonde ntonye, yesabe igama lakho.

12Ngiyakukubonga, Nkosi Nkulunkulu wami, ngenhliziyo yonke yami, ngidumise igama lakho kuze kube phakade.

13 Ngokuba umusa wakho mkhulu phezu kwami, ukhululile umphefumulo wami endaweni yabafileyo ephansi.

14 Nkulunkulu, izideleli zingivukele, ibandla lezidlwangudlwangu lifuna umphefumulo wami; azibekanga wena phambi kwazo.

15 Kepha wena Nkosi unguNkulunkulu ohawukelayo, onomusa nokubekezela, uvame ubumnene nokuthembeka.

16Phendukela kimi, ube nomusa kimi, uyiphe inceku yakho amandla akho, usindise indodana yencekukazi yakho.

17Ngenzele isiboniselo sokuhle, ukuze abangizondayo babone, bajabhe, ngokuba wena Jehova uyangisiza, uyangiduduza.

## AmaHubo 87

### IJerusalema, ikhaya lezizwe

Elamadodana kaKora. Ihubo. Igama.

1Isisekelo asibekileyo sisezintabeni ezingcwele.

2 UJehova uyawathanda amasango aseSiyoni kunazo zonke izindlu zikaJakobe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Okudumisekayo kukhulunywa ngawe, muzi kaNkulunkulu. ***Sela***

4Ngiyakubala uRahabi neBabele kulabo abangaziyo; yebo, iFilistiya neThire
kanye neKushe azalelwa khona.

5Kuyakuthiwa ngeSiyoni: Yilo nalo wazalelwa khona; oPhezukonke
uyaliqinisa.

6Mhla uJehova eloba izizwe uyakubala ukuthi lo wazalelwa khona. ***Sela***

7Abahubayo nabasinayo bathi: Imithombo yami yonke ikuwe.

## AmaHubo 88

### Ukukhala kosengozini yokufa

Igama. Ihubo lamadodana kaKora. Kumholi wokuhlabelela. NgeMahalati Leyanoti. IMaskili likaHemani umEzra.

1Jehova Nkulunkulu wensindiso yami, ngikhala imini nobusuku phambi
kwakho.

2Umkhuleko wami mawufike ebusweni bakho, indlebe yakho uyibeke
ekunxuseni kwami.

3Ngokuba umphefumulo wami ugcwele izinsizi, ukuphila kwami kusondele
endaweni yabafileyo.

4 Ngibalwa kanye nabashona emgodini, nginjengomuntu ofileyo.

5 Icansi lami liphakathi kwabafileyo; nginjengababuleweyo abalele ethuneni,
ongasabakhumbuli, benqunyiwe esandleni sakho.

6Ungibekile emgodini ojulile kunayo yonke, ebumnyameni, otweni.

7 Kuyangisinda ukuthukuthela kwakho; amadlambi akho onke
ayangicindezela phansi. ***Sela***

8 Engikade ngazana nabo ubaxoshele kude, wangenza ngibe yisinengiso kubo;
ngivalelwe, ngingephume.

9Iso lami liyafa ngosizi; ngikhala kuwe Jehova imihla yonke, ngizelulela
izandla zami kuwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Abafileyo uyakubenzela isimangaliso na? Ziyakuvuka yini izithunzi, zikubonge, na? ***Sela***

11Kuyalandiswa yini ethuneni ngomusa wakho, nangokuthembeka kwakho endaweni yokubhujiswa na?

12 Izimangaliso zakho ziyaziwa yini ebumnyameni, nokulunga kwakho ezweni lokukhohlwa na?

13Kepha mina, Jehova, ngikhala kuwe; ekuseni umkhuleko wami uyenyuka phambi kwakho.

14Jehova, ulahlelani umphefumulo wami, ungifihlelelani ubuso bakho na?

15Ngihluphekile, ngingofayo kusukela ebusheni bami; ngithwele ukwesabeka kwakho, ngiphelile.

16Ulaka lwakho olushisayo lungehlele; ukwesabisa kwakho kungiqedile.

17Kungizungeza njengamanzi imihla yonke, kungikaka kanyekanye.

18 Isihlobo nomngane ubaxoshele kude; ubumnyama bungumhlobo wami.

## AmaHubo 89

### Umkhuleko wocela ukusizwa

IMaskili lika-Ethani umEzra.

1Ngiyakuhlabelela ngomusa kaJehova kuze kube phakade, ngomlomo wami ngazise izizukulwane ngezizukulwane ukuthembeka kwakho.

2Ngokuba ngithe: Umusa uyakwakhiwa kuze kube phakade; ezulwini uyaqinisa ukuthembeka kwakho.

3Ngenzile isivumelwano nokhethiweyo wami, ngifungile kuye uDavide inceku yami ukuthi:

4 Ngiyakuqinisa inzalo yakho kuze kube phakade, ngisakhe isihlalo sobukhosi ezizukulwaneni ngezizukulwane. ***Sela***

5 Izimangaliso zakho, Jehova, ziyadunyiswa ngamazulu, ukuthembeka kwakho ebandleni labangcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Ngokuba ngubani osemafwini ongalinganiswa noJehova na? Ngubani phakathi kwamadodana kaNkulunkulu ongafaniswa noJehova na?

7UNkulunkulu uyesabeka kakhulu emhlanganweni wabangcwele; umelwe ukuhlonishwa yibo bonke abangakuye.

8Jehova Nkulunkulu Sebawoti, ngubani onjengawe na? Unamandla, Jehova, nokuthembeka kwakho kuyakuhaqa.

9 Wena uyabusa ukukhukhumala kolwandle; uma kuphakama amadlambi alo, uyawathulisa.

10 Wena uchobozile uRahabi njengobuleweyo; uhlakazile izitha zakho ngengalo yakho enamandla.

11Ngelakho izulu, ngowakho umhlaba; izwe nokugcwala kwalo, kukho konke ubeke isisekelo.

12Inyakatho neningizimu wakudala wena; iThabori neHermoni kuyajabula egameni lakho.

13Ingalo yakho inobuqhawe, isandla sakho sinamandla, esokunene sakho siphakeme.

14Ukulunga nokwahlulela kuyisisekelo sesihlalo sakho sobukhosi; umusa neqiniso kuyahamba phambi kobuso bakho.

15 Sibusisiwe isizwe esikwazi ukuhlabelela ngenjabulo; siyahamba, Jehova, ekukhanyeni kobuso bakho.

16Egameni lakho siyathokoza usuku lonke; ngokulunga kwakho siyaphakanyiswa.

17Ngokuba wena uyinkazimulo yamandla abo; ngomusa wakho uphondo lwethu luyaphakama.

18Ngokuba isihlangu sethu singesikaJehova; inkosi yethu ingeyoNgcwele ka-Israyeli.

19 Ngaleso sikhathi wakhuluma ngombono kubo abakholwayo bakho, wathi: Ngibekile usizo eqhaweni, ngiphakamisile okhethiwe phakathi kwabantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Ngifumene inceku yami uDavide, ngimgcobile ngamafutha ami angcwele.

21 Isandla sami siyakuba naye siqinile, ingalo yami iyakumqinisa.

22 Isitha asiyikumahlula, nendodana yobubi ayiyikumhlupha.

23 Ngiyakuchoboza izitha zakhe ebusweni bakhe, ngihluphe abamzondayo.

24 Ukuthembeka kwami nomusa wami kuyakuba naye; egameni lami luyakuphakama uphondo lwakhe.

25 Ngiyakubeka isandla sakhe phezu kolwandle, esokunene sakhe phezu kwemifula.

26 Uyakungibiza ngokuthi: UnguBaba, unguNkulunkulu wami nedwala lensindiso yami.

27 Ngiyakumenza abe yizibulo nophakamileyo kunamakhosi omhlaba.

28 Ngiyakumgcinela umusa wami kuze kube phakade; isivumelwano sami soba siqinile kuye.

29 Ngiyakwenza inzalo yakhe ime kuze kube phakade, isihlalo sakhe sobukhosi sibe njengezinsuku zezulu.

30 Uma abantwana bakhe beshiya umthetho wami bengahambi ngezahlulelo zami,

31 uma bephula izimiso zami bengagcini imiyalo yami,

32 ngiyakuhambela izono zabo ngenduku, namacala abo ngemivimbo.

33 Kepha umusa wami angiyikuwususa kuye, ngingaphikisi ukuthembeka kwami.

34 Angiyikwaphula isivumelwano sami, nokuphumileyo ezindebeni zami angiyikukuguqula.

35 Ngafunga kanye ubungcwele bami, angiyikuqamba amanga kuDavide.

36 Inzalo yakhe iyakuma phakade, isihlalo sakhe sobukhosi sibe njengelanga phambi kwami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

37 Iyakuma phakade njengenyanga nanjengofakazi othembekileyo osemafwini. ***Sela***

38Kepha usumlahlile, wamala, wamthukuthelela ogcotshiweyo wakho.

39Uchithile isivumelwano senceku yakho, wadumaza umqhele wayo, wawuphonsa emhlabathini.

40 Udilizile zonke izindonga zakhe, wazenza izinqaba zakhe zaba yincithakalo.

41 Bonke abadlula ngendlela bayamphanga; waba yihlazo kwabakhelene naye.

42Uphakamisile esokunene sabamelene naye, wajabulisa zonke izitha zakhe.

43Futhi ubuyisele emuva usiko lwenkemba yakhe, awumvumelanga ukuma ekulweni.

44Ususile inkazimulo yakhe, wawisa phansi emhlabathini isihlalo sakhe sobukhosi.

45Ufinyezile izinsuku zobusha bakhe, wamthela ngamahloni. ***Sela***

46 Koze kube nini uyakuzisitha, Jehova, nentukuthelo yakho ivutha njengomlilo, na?

47 Khumbula ukuthi isikhathi sami singakanani nokuthi wadalela ize bonke abantwana babantu.

48Ngubani oyakuphila engayikubona ukufa, akhulule umphefumulo wakhe emandleni endawo yabafileyo, na? ***Sela***

49Nkosi, uphi umusa wakho wakuqala owawufungela kuDavide ngokuthembeka kwakho na?

50Khumbula, Nkosi, ihlazo lezinceku zakho nokuthi ngithwele esifubeni sami ihlazo lezizwe eziningi kakhulu,

51ezisola ngalo izitha zakho, Jehova, ezisola ngalo ukuhamba kogcotshiweyo wakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

52Makabongwe uJehova kuze kube phakade. Amen, Amen.

## AmaHubo 90

### Incwadi Yesine

Amahubo 90 -- 106

**Ubuphakade bukaNkulunkulu nokuphela komuntu**

Umkhuleko kaMose, umuntu kaNkulunkulu.

1Nkosi, wena uyisiphephelo sethu ezizukulwaneni ngezizukulwane.

2Kungakaveli izintaba, ungakawenzi umhlaba nezwe, kuthi kusukela phakade kuze kube phakade wena Nkulunkulu ukhona.

3 Uyambuyisela umuntu othulini, uthi: Buyani, bantwana babantu.

4 Ngokuba iminyaka eyinkulungwane emehlweni akho injengezolo selidlulile, nanjengomlindo ebusuku.

5 Uyabamukisa njengesikhukhula, banjengobuthongo; ekuseni banjengotshani obuhlumayo;

6 ekuseni buyakhahlela, buhlume; kusihlwa bunqunywe, bubune.

7 Ngokuba siyaqedwa yintukuthelo yakho, nangolaka lwakho siyabhubha.

8 Ubekile amacala ethu phambi kwakho, izono zethu ezifihliweyo ekukhanyeni kobuso bakho.

9Ngokuba izinsuku zethu ziyadlula ngentukuthelo yakho; siyafeza iminyaka yethu njengephefu.

10 Izinsuku zeminyaka yethu zineminyaka engamashumi ayisikhombisa; kuthi uma ziziningi, zineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili; nokho ukuvama kwazo kungukuhlupheka nelize, ngokuba zidlula masinyane, thina siyandiza, simuke.

11Ngubani owaziyo amandla entukuthelo yakho nolaka lwakho olunjengakho ukwesabeka kwakho na?

12 Sifundise, Nkosi, ukubala izinsuku zethu, sizuze inhliziyo enokuhlakanipha.

13 Buya, Jehova! Koze kube nini na? Hawukela izinceku zakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

14Sisuthise ngomusa wakho, kuse sekuseni, ukuze sithokoze, sijabule izinsuku zethu zonke.

15Sithokozise ngangezinsuku owasihlupha ngazo, nangangeminyaka esabona okubi ngayo.

16Izenzo zakho mazibonakale kuzo izinceku zakho, nenkazimulo yakho kubantwana bazo.

17Yebo, ubuhle beNkosi uNkulunkulu wethu abube phezu kwethu, umise umsebenzi wezandla zethu phezu kwethu; yebo, umsebenzi wezandla zethu uwumise.

## AmaHubo 91

### UJehova ungumlondolozi

1 Yena owakhile ekusithekeni koPhezukonke nohlezi emthunzini kaSomandla

2 uthi kuJehova: Uyisiphephelo sami nenqaba yami noNkulunkulu wami engimethembayo.

3 Ngokuba yena uyakukhipha ogibeni lomcuphi nasobhadaneni olubhubhisayo.

4 Ngezimpaphe zakhe uyakukusibekela, uphephele phansi kwamaphiko akhe; ukuthembeka kwakhe kuyisihlangu nehawu.

5 Awuyikwesaba ivuso lasebusuku, nomcibisholo ondizayo emini,

6nobhadane oluhamba ebumnyameni, nesifo esibhubhisayo emini enkulu.

7Bayakuwa abayizinkulungwane ngaseceleni kwakho, nabayizinkulungwane eziyishumi ngakwesokunene sakho, kepha akuyikufinyelela kuwe.

8 Uyakubuka nje ngamehlo akho, ubone ukuphindiselwa kwababi,

9ngokuba uthi: Jehova, uyisiphephelo sami; oPhezukonke umenzile abe yinqaba yakho.

10 Awuyikwehlelwa ngokubi, nesifo asiyikusondela etendeni lakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Ngokuba uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe, zikulondoloze ezindleleni zakho zonke.

12 Ziyakukuthwala ngezandla, ungaqhuzuki ngonyawo lwakho etsheni.

13 Uyakunyathela ingonyama nebululu, unyathele phansi ibhongo lengonyama nodrako.

14Ngenxa yokuba enamathele kimi, ngakho ngiyamkhulula; ngiyamphakamisa ngokuba elazi igama lami.

15 Uyakungibiza, ngimphendule; ngiyakuba naye esosizini, ngimkhulule, ngimdumise.

16 Ngiyakumsuthisa ngobude bezinsuku, ngimbonise insindiso yami.

## AmaHubo 92

### Ukubonga ubumnene nokulunga kukaJehova

Ihubo. Igama losuku lwesabatha.

1 Kuhle ukumbonga uJehova nokuhubela igama lakho wena oPhezukonke;

2 ukushumayela umusa wakho ekuseni nokuthembeka kwakho ebusuku,

3 ngokubetha ugubhu olunezintambo eziyishumi, nomqangala, kanye nehabhu elizwakala kamnandi.

4 Ngokuba ungithokozisile, Jehova, ngezenzo zakho; ngiyakumemeza ngokujabula.

5 Yeka ubukhulu bezenzo zakho, Jehova. Imicabango yakho ijulile kakhulu.

6Umuntu oyisilima angekucabange, nesiwula asikuboni.

7Noma ababi behluma njengotshani, nezigangi noma ziqhakaza zonke, kuyenzeka ukuba babhujiswe kuze kube phakade.

8Kepha wena Jehova uphakeme kuze kube phakade.

9Ngokuba bheka, izitha zakho, Jehova, bheka, izitha zakho, ziyakubhubha; bonke abenza okubi bayakuhlakazwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

10Kepha uphondo lwami uyaluphakamisa njengolwenyathi, ngigcotshwa ngamafutha amasha.

11Iso lami liyakubona ngokujabula izitha zami, nezindlebe zami ziyakuzwa ngokuthokoza ngababi abangivukelayo.

12 Olungileyo uyahluma njengesundu, uyakhula njengomsedari eLebanoni.

13 Batshaliwe endlini kaJehova, bamila emagcekeni kaNkulunkulu wethu.

14Nasebudaleni bayakuthela izithelo, bahlume babe luhlaza,

15 ukuze bashumayele ukuthi uJehova ulungile; uyidwala lami okungekho kuye ukungalungi.

## AmaHubo 93

### UJehova uyinkosi

1UJehova uyinkosi, wembethe ubukhosi; uJehova wembethe, ubhince amandla. Nezwe limi liqinile, lingazanyazanyiswa.

2 Isihlalo sakhe sobukhosi simi siqinile kwasendulo; wena ukhona kwaphakade.

3 Imifula iphakamisile, Jehova, imifula iphakamisile ukuholoba kwayo; imifula iphakamisa ukuduma kwayo.

4 UJehova ophakeme unamandla kunokuholoba kwamanzi amaningi, kunokuduma kwamadlambi olwandle.

5 Ukufakaza kwakho kuqinisekile kakhulu. Ubungcwele buyifanele indlu yakho, Jehova, kuze kube phakade.

## AmaHubo 94

### Izitha zesizwe sikaNkulunkulu ziyakuphindiselwa

1 Nkulunkulu wempindiselo, Jehova, Nkulunkulu wempindiselo, vela ukhanye.

2 Phakama, Mahluleli womhlaba, uphindisele kwabazidlayo izenzo zabo.

3 Jehova, koze kube nini ababi, koze kube nini ababi bethaba na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

4Bayampompoza, bakhuluma amagangangozi; bayazidla bonke abenza okubi.

5Isizwe sakho, Jehova, bayasiphohloza, nefa lakho balinyathela phansi.

6Bayabhubhisa umfelokazi nomfokazi, nezintandane bayazibulala.

7 Bathi: UJehova akaboni, uNkulunkulu kaJakobe akanaki.

8Qaphelani nina zithutha phakathi kwabantu; nani ziwula, niyakuqonda nini na?

9 Owenza indlebe kanakuzwa na? Owadala iso kanakubona na?

10Othethisa abezizwe, yena ofundisa abantu ukwazi, kanakujezisa na?

11 UJehova uyayazi imicabango yabantu ukuba ingumoya nje.

12 Jehova, ubusisiwe lowo muntu omyalayo, omfundisayo ngomthetho wakho,

13wenzela ukuba umphumuze ezinsukwini ezimbi, aze ambelwe umgodi lowo ongenamthetho.

14Ngokuba uJehova akayikulahla abantu bakhe, nefa lakhe akayikulishiya.

15Ngokuba ukulunga kuyakubuyela ekwahluleleni, bonke abaqotho ngenhliziyo bakulandele.

16Ngubani oyakungimela phambi kwababi na? Ngubani oyakungelekelela kwabenza okubi na?

17Uma uJehova ebengesilo usizo lwami, umphefumulo wami ubuyakushesha ukuhlala ekuthuleni kokufa.

18Lapho ngithe unyawo lwami luyashelela, umusa wakho, Jehova, wangiphasa.

19 Kubo ubuninginingi bemicabango yenhliziyo yami ukududuza kwakho kwathokozisa umphefumulo wami.

20Isihlalo sobubi singahlanganyela nawe yini, leso esisebenza okubi kungathi ngomthetho na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[21]Bahlangana ukuvukela umphefumulo wolungileyo; igazi elingenacala bayalilahla.

[22] Kepha uJehova waba yinqaba yami, uNkulunkulu wami waba yiwa engiphephela kulo.

[23]Uyaphindisela kubo ukushinga kwabo, abaqede ngobubi babo; uJehova uNkulunkulu wethu uyakubaqeda.

## AmaHubo 95

### Ukubonga nokulalela uNkulunkulu

[1] Wozani simhubele uJehova, sihlabelele ngenjabulo kulo idwala lensindiso yethu.

[2]Masize phambi kobuso bakhe ngokubonga, sihlabelele kuye ngamahubo.

[3] Ngokuba uJehova unguNkulunkulu omkhulu, uyinkosi enkulu phezu kwawonkulunkulu bonke.

[4]Esandleni sakhe kukhona ukujula komhlaba; iziqongo zezintaba ngezakhe nazo.

[5]Ulwandle ngolwakhe, walwenza; nomhlabathi owomileyo izandla zakhe zawubumba.

[6] Wozani; masikhuleke, sikhothame, siguqe phambi kukaJehova, uMenzi wethu.

[7] Ngokuba yena unguNkulunkulu wethu, thina singabantu bedlelo lakhe nezimvu zesandla sakhe. Namuhla, uma nilizwa izwi lakhe,

[8] ningayenzi lukhuni inhliziyo yenu njengaseMeriba, njengasosukwini lwaseMasa ehlane,

[9] lapho oyihlo bangilinga khona, bangivivinya, babona umsebenzi wami.

[10] Iminyaka engamashumi amane nganengwa yileso sizukulwane, ngaze ngathi: Bangabantu abanhliziyo zabo zidukile, abazazanga izindlela zami,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 engafunga ngabo olakeni lwami, ngathi: Abasoze bangena ekuphumuleni kwami.

## AmaHubo 96

### Ukudunyiswa kukaNkulunkulu yizizwe zonke

1 Hlabelelani kuJehova ihubo elisha, nihlabelele kuJehova, mhlaba wonke.

2 Hlabelelani kuJehova, nibonge igama lakhe, nimemeze insindiso yakhe imihla ngemihla.

3 Landani inkazimulo yakhe phakathi kwabezizwe, izimangaliso zakhe phakathi kwabantu bonke.

4 Ngokuba mkhulu uJehova, udumisekile kakhulu; uyesabeka phezu kwabo bonke onkulunkulu.

5 Ngokuba bonke onkulunkulu babezizwe bayizithombe, kepha uJehova walenza izulu.

6 Udumo nobukhosi kusebusweni bakhe; amandla nenkazimulo kusendlini yakhe engcwele.

7 Mnikeni uJehova nina mindeni yabantu, mnikeni uJehova inkazimulo namandla.

8 Mnikeni uJehova inkazimulo yegama lakhe, nilethe umnikelo, ningene emagcekeni akhe.

9 Khulekani kuJehova, nihlobe ubungcwele; thuthumela ebusweni bakhe, mhlaba wonke.

10 Thanini phakathi kwabezizwe: UJehova uyinkosi, izwe lihlala liqinile, lingenakushukunyiswa; uthetha amacala ezizwe ngobuqotho.

11 Malijabule izulu, umhlaba uthokoze; maluhlokome ulwandle nokugcwala kwalo.

12 Mawename amasimu nakho konke okukuwo, ijabule imithi yonke yehlathi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 ebusweni bukaJehova, ngokuba uyeza, yebo, uyeza ukwahlulela umhlaba; uyakwahlulela izwe ngokulunga, nezizwe ngokuthembeka kwakhe.

## AmaHubo 97

### Ukubonakala kobukhosi bukaJehova

1 UJehova uyinkosi; umhlaba mawethabe, zijabule iziqhingi eziningi.

2 Amafu nobumnyama kuyamphahla; ukulunga nokwahlulela kuyisisekelo sesihlalo sakhe sobukhosi.

3 Umlilo uyahamba phambi kwakhe, udla izitha zakhe nxazonke.

4Imibani yakhe ikhanyisa izwe; umhlaba uyakubona, uthuthumele.

5 Izintaba zincibilika njengengcina phambi kukaJehova, phambi kweNkosi yomhlaba wonke.

6 Amazulu ashumayela ukulunga kwakhe; izizwe zonke zibona inkazimulo yakhe.

7 Mabajabhe bonke abakhonza izithombe ezibaziweyo, abazigabisa ngezithombe. Mkhonzeni nina nonke bonkulunkulu.

8 ISiyoni liyezwa, liyajabula; ngenxa yezahlulelo zakho, Jehova.

9 Ngokuba wena Jehova uphezu komhlaba wonke, uphakeme kakhulu phezu kwawonkulunkulu bonke.

10 Nina enithanda uJehova zondani okubi; uyagcina imiphefumulo yabamkhonzayo; uyabasindisa ezandleni zababi.

11 Ukukhanya kuhlwanyelelwe olungileyo, ukujabula kuhlwanyelelwe abanhliziyo ziqotho.

12 Jabulani kuJehova nina balungileyo, nibonge igama lakhe elingcwele.

## AmaHubo 98

### Umkhululi wakwa-Israyeli nomahluleli wezwe

Ihubo.

1 Mhubeleni uJehova igama elisha, ngokuba wenze izimangaliso; esokunene sakhe nengalo yakhe engcwele kumtholele ukunqoba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 UJehova wazisile insindiso yakhe; ukulunga kwakhe ukwambulile emehlweni abezizwe.

3 Ukhumbulile umusa wakhe nokuthembeka kwakhe kuyo indlu ka-Israyeli; imikhawulo yonke yomhlaba ibonile insindiso kaNkulunkulu wethu.

4 Hlokomani kuJehova ngezwi lokuhalalisa, nihlabelele ngenjabulo, nihube.

5 Mhubeleni uJehova ngehabhu, ngehabhu nangezwi lehubo.

6 Ngamacilongo nangokukhala komtshingo hlokomani ngezwi lokuhalalisa phambi kweNkosi uJehova.

7 Maludume ulwandle nokugcwala kwalo, izwe nabakhileyo kulo.

8 Imifula mayishaye ihlombe, izintaba zihalalise kanyekanye

9 ebusweni bukaJehova, ngokuba uyeza ukwahlulela umhlaba. Uyakwahlulela izwe ngokulunga nezizwe ngobuqotho.

## AmaHubo 99

### UNkulunkulu ungoNgcwele

1 UJehova uyinkosi; mabathuthumele abantu; uhlezi phezu kwamakherubi; mawuzamazame umhlaba.

2 UJehova mkhulu eSiyoni, uphakeme phezu kwezizwe zonke.

3 Mababonge igama lakho elikhulu nelesabekayo; ungcwele yena.

4 Amandla eNkosi athanda okulungileyo, umisile ubuqotho; ukwahlulela nokulunga ukwenzile kwaJakobe.

5 Mphakamiseni uJehova uNkulunkulu wethu, nikhuleke ngasesanabelweni sezinyawo zakhe; ungcwele yena.

6 OMose no-Aroni babe phakathi kwabapristi bakhe; uSamuweli wayephakathi kwabakhulekayo egameni lakhe. Bakhuleka kuJehova, yena waphendula.

7 Wakhuluma kubo esensikeni yefu; bagcina ubufakazi bakhe nezimiso abanika zona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Jehova Nkulunkulu wethu, wena ubaphendulile, waba kubo uNkulunkulu othethelelayo nophindiselayo ngezenzo zabo.

9Mphakamiseni uJehova uNkulunkulu wethu, nikhuleke ngasentabeni yakhe engcwele, ngokuba ungcwele uJehova uNkulunkulu wethu.

## AmaHubo 100

### Isiyalezo sokumdumisa uJehova

Ihubo lokudumisa.

1 Hlokoma kuJehova ngezwi lokuhalalisa, mhlaba wonke.

2 Mkhonzeni uJehova ngokujabula, nisondele ebusweni bakhe ngokuhuba kwentokozo.

3 Yazini ukuthi uJehova unguNkulunkulu; nguye osenzileyo, akuthina, sibe ngabantu bakhe nezimvu zedlelo lakhe.

4 Ngenani emasangweni akhe ngokubonga, nasemagcekeni akhe ngokudumisa; mbongeni, nibusise igama lakhe.

5 Ngokuba muhle uJehova; umusa wakhe umi phakade, nokuthembeka kwakhe ezizukulwaneni ngezizukulwane.

## AmaHubo 101

### Indlela engenacala yababusi

ElikaDavide. Ihubo.

1Ngizakuhlabelela ngomusa nokwahlulela, ngikudumise wena Jehova.

2Ngizakuqaphelisisa indlela engenacala. Uyakuza nini kimi na? Ngizakuhamba endlini yami ngenhliziyo engenacala.

3Angizukubeka phambi kwamehlo ami into embi; ukwenza kwabahlubukayo ngiyakuzonda; akuyikunamathela kimi.

4Inhliziyo ephambeneyo iyakusuka kimi; omubi angiyikumazi.

5 Omhlebayo umakhelwane wakhe ngasese ngizakumqeda; onamehlo aqhoshayo nenhliziyo ezidlayo angiyikumvumela.

6 Amehlo ami akwabathembekileyo bomhlaba ukuba bahlale nami; ohamba endleleni engenacala uyakungikhonza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Osebenza ukukhohlisa akayikuhlala endlini yami; okhuluma amanga
akayikuma phambi kwamehlo ami.

8 Ekuseni imihla ngemihla ngiyakubaqeda bonke ababi bomhlaba, ukuze
nginqume emzini kaJehova bonke abenzi bokubi.

## AmaHubo 102

### Ukwethemba eNkosini

Umkhuleko wohluphekayo, nxa ephela amandla, ethulula isikhalo sakhe phambi kukaJehova.

1Jehova, yizwa umkhuleko wami; ukukhala kwami makufinyelele kuwe.

2 Ungafihli ubuso bakho kimi ngosuku losizi lwami; beka indlebe yakho kimi,
ngosuku engimemeza ngalo usheshe ungiphendule.

3Ngokuba izinsuku zami ziphelile njengomusi; amathambo ashile
njengezinkuni.

4Inhliziyo yami ishayiwe, ibunile njengotshani, ngokuba ngiyakhohlwa
ukudla isinkwa sami.

5 Ngenxa yezwi lokububula kwami amathambo ami anamathele enyameni
yami.

6Ngiyafana nevuba ehlane, nginjengesikhova kwahlongasibi.

7Ngiyaqwasha, nginjengenyoni eyodwa ophahleni lwendlu.

8 Izitha zami ziyangithuka usuku lonke; abahlanya ngami bayangiqalekisa.

9 Ngokuba ngidlile umlotha njengesinkwa, nophuzo lwami ngiluxubanisile
nezinyembezi.

10Ngenxa yentukuthelo nolaka lwakho ungifukulile, wangilahla.

11 Izinsuku zami zinjengethunzi elandayo; mina uqobo ngiyabuna
njengotshani.

12 Kepha wena Jehova uyakuhlala kuze kube phakade, nesikhumbuzo sakho
ezizukulwaneni ngezizukulwane.

13Uyakuvuka, uhawukele iSiyoni; sekuyisikhathi sokuliphatha ngomusa,
yebo, isikhathi esimisiweyo sesifikile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Ngokuba izinceku zalo ziyathokoza ngamatshe alo, zihawukele uthuli lwalo.

15Khona abezizwe bayakulesaba igama likaJehova, amakhosi onke omhlaba inkazimulo yakho.

16Ngokuba uJehova ulakhile iSiyoni, ubonakele enkazimulweni yakhe;

17wanaka umkhuleko wabangenalutho, engawudeleli umthandazo wabo.

18 Lokhu kuyakulotshelwa isizukulwane esizayo; abantu abayakudalwa bayakudumisa uJehova.

19Ngokuba ubheke phansi esekuphakameni kwakhe okungcwele, wabuka umhlaba esezulwini

20 ukuba ezwe ukububula kwesiboshwa, akhulule abantwana bokufa,

21ukuze kumenyezelwe eSiyoni igama likaJehova nodumo lwakhe eJerusalema,

22 nxa izizwe zibuthana ndawonye kanye nemibuso ukumkhonza uJehova.

23Wanciphisa amandla ami endleleni, wafinyeza izinsuku zami.

24 Ngithi: Nkulunkulu wami, ungangisusi enxenyeni yezinsuku zami; iminyaka yakho isezizukulwaneni ngezizukulwane.

25 Endulo wawusekela umhlaba, izulu lingumsebenzi wezandla zakho.

26 Kuyakubhubha lokhu, kepha uyakuma; yebo, kuyakuguga konke njengengubo; njengesambatho uyakukuguqula, kuguqulwe.

27Kepha unguwe njalo, iminyaka yakho ayiyikuphela.

28 Abantwana bezinceku zakho bayakuhlala; inzalo yabo iyakuma phambi kwakho.

## AmaHubo 103

### Ihubo lokudumisa uNkulunkulu ngomusa wakhe

1Mbonge uJehova, mphefumulo wami; konke okuphakathi kwami makubonge igama lakhe elingcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Mbonge uJehova, mphefumulo wami, ungakhohlwa imisebenzi yonke yakhe yomusa,

3 yena othethelela zonke izono zakho, owelapha zonke izifo zakho;

4 okhulula ukuphila kwakho ekubhujisweni, okuqhelisa ngomusa nangobubele;

5 osuthisa ukulangazela kwakho ngokuhle, ubusha bakho bubuyiswe njengokhozi.

6 UJehova ubenzela bonke abacindezelwayo ukulunga nokwahlulela.

7 Wamazisa uMose izindlela zakhe, nabantwana bakwa-Israyeli izenzo zakhe.

8 UJehova unobubele nesihawu; wephuza ukuthukuthela, kuvama umusa.

9 Akathethi njalonjalo; akagcini intukuthelo yakhe kuze kube phakade.

10 Akasiphathi njengokufanele izono zethu, akasivuzi njengokwamacala ethu.

11 Ngokuba njengokuphakama kwezulu phezu komhlaba unjalo umusa wakhe phezu kwabamesabayo.

12 Njengokuba impumalanga yahlukene nentshonalanga, udedisile kangaka kithi iziphambeko zethu.

13 Njengoyise ehawukela abantwana bakhe, kanjalo uJehova uyabahawukela abamesabayo.

14 Ngokuba uyakwazi ukubunjwa kwethu; uyakhumbula ukuthi siluthuli.

15 Izinsuku zomuntu zinjengotshani; uyakhahlela njengembali yasendle.

16 Ngokuba umoya uyadlula phezu kwayo, bese yinyamalala, nendawo yayo ingabe isayazi.

17 Kepha umusa kaJehova uphezu kwabamesabayo kwaphakade kuze kube phakade, nokulunga kwakhe kubantwana babantwana,

18 kubo abagcina isivumelwano sakhe bekhumbula iziyalezo zakhe ukuba bazenze.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[19]UJehova umisile isihlalo sakhe sobukhosi ezulwini; nombuso wakhe ubusa phezu kwakho konke.

[20] Bongani uJehova nina zingelosi zakhe, nina maqhawe anamandla enenza okwezwi lakhe nilalela ukukhuluma kwezwi lakhe.

[21] Bongani uJehova nina mabandla onke akhe, nina zinceku zakhe enenza intando yakhe.

[22]Bongani uJehova nina misebenzi yakhe yonke ezindaweni zonke zombuso wakhe. Mbonge uJehova, mphefumulo wami.

## AmaHubo 104

### Ihubo lokudumisa umdali wezinto zonke

[1]Mbonge uJehova, mphefumulo wami; Jehova Nkulunkulu wami, umkhulu, wembethe udumo nobukhosi;

[2] ogqoka ukukhanya njengengubo, oweneka izulu njengendwangu;

[3] obeka imishayo yezindlu zakhe emanzini, owenza amafu abe yinqola yakhe, ohamba ngamaphiko omoya;

[4] owenza izingelosi zibe yimimoya, izikhonzi zakhe zibe yilangabi lomlilo.

[5] Umisile umhlaba phezu kwezisekelo zawo, ukuze ungazanyazanyiswa kuze kube phakade naphakade.

[6]Wawumboza ngolwandle njengengubo; amanzi ema phezu kwezintaba.

[7]Ngokukhuza kwakho abaleka, ngezwi lokuduma kwakho ashesha asuka.

[8]Enyuka izintaba, ehla izigodi, aze afika endaweni owawuyimisele wona.

[9] Umisile umncele ukuba angaweqi, angabuyi ukusibekela umhlaba.

[10]Uthumela imithombo ezigodini; yona igijima phakathi kwezintaba.

[11]Iyaphuzisa izilwane zonke zasendle, izimbongolo zasendle zicime ukoma kwazo.

[12]Izinyoni zezulu zakhile ngakuyo, zizwakalisa izwi lazo phakathi kwamagatsha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Uphuzisa izintaba okuvela emakamelweni akhe; umhlaba uyaneliswa yisithelo semisebenzi yakho.

14 Uhlumisela izinkomo utshani nemifino yokusiza umuntu, ukuze aveze ukudla emhlabeni,

15 newayini elijabulisa inhliziyo yomuntu, namafutha okukhazimulisa ubuso, nesinkwa esiqinisa inhliziyo yomuntu.

16Iyasutha imithi kaJehova, imisedari yaseLebanoni ayitshalileyo,

17okwakhele kuyo izinyoni; ugolantethe unendlu yakhe kuyo imisayipuresi.

18Izintaba eziphakemeyo ngezezimbuzi zasendle; amawa ayisiphephelo sezimbila.

19Wenza inyanga ibe ngeyokwahlukanisa izikhathi; ilanga liyazi ukushona kwalo.

20Wenza ubumnyama kube ngubusuku; phakathi kwabo kuphuma izilo zonke zasehlathini.

21 Izingonyama ezintsha zibhongela impango, zifuna ukudla kwazo kuNkulunkulu.

22Liphuma ilanga, bese zibuyela phansi zilale emihumeni yazo.

23Bese kuphuma umuntu, aye emsebenzini wakhe nasekukhandlekeni kwakhe kuze kuhlwe.

24Jehova, yeka ubuningi bemisebenzi yakho; yonke uyenzile ngokuhlakanipha; umhlaba ugcwele izidalwa zakho.

25Nantu ulwandle, lukhulu, lubanzi; lapho kukhona izilwanyana ezinwabuzelayo ezingenakubalwa, izilwane ezincane nezinkulu.

26 Kuhamba khona imikhumbi, uLeviyathani lowo omenzile ukuba adlale kulo.

27 Zonke lezi zidalwa zibheka wena, ukuze uzinike ukudla kwazo ngesikhathi esiyiso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28 Uyazinika ukudla, zibuthe; uvula isandla sakho, zisuthe ngokuhle.

29 Uyasitheza ubuso bakho, zethuke; uyasusa umphefumulo wazo, zife, zibuyele othulini lwazo.

30 Uyathumela umoya wakho, zidalwe; wenza bube busha ubuso bomhlaba.

31Inkazimulo kaJehova mayime kuze kube phakade; uJehova kathokoze ngemisebenzi yakhe,

32 yena obheka umhlaba, besewuthuthumela, othinta izintaba, zithunqe.

33 Ngiyakumhubela uJehova kukho konke ukuphila kwami; ngiyakuhlabelela kuNkulunkulu wami ngisekhona.

34Ukuzindla kwami makube mnandi kuye; mina mangithokoze kuJehova.

35Izoni maziphele emhlabeni, kungabe kusaba khona ababi. Mbonge uJehova, mphefumulo wami. Haleluya!

## AmaHubo 105

### Igama lokudumisa uJehova ngezenzo zakhe zomusa

1 Bongani uJehova, nibize igama lakhe, nizazise phakathi kwabantu izenzo zakhe.

2Hlabelelani kuye, nimhubele, nikhulume ngezimangaliso zakhe zonke.

3Zibongeni egameni lakhe elingcwele; mazithokoze izinhliziyo zabamfunayo uJehova.

4Funani uJehova namandla akhe, nifunisise ubuso bakhe njalo.

5Khumbulani izimangaliso zakhe azenzileyo, nezibonakaliso zakhe, nezahlulelo zomlomo wakhe,

6nina nzalo ka-Abrahama inceku yakhe, nina bantwana bakaJakobe, abakhethiweyo bakhe.

7Yena unguJehova uNkulunkulu wethu; izahlulelo zakhe zisemhlabeni wonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Ukhumbulile isivumelwano sakhe kuze kube phakade, izwi ayala ngalo
izizukulwane eziyinkulungwane,

9 avumelana kuso no-Abrahama, nesifungo sakhe ku-Isaka;

10 wasiqinisa kuJakobe, saba ngumthetho, naku-Israyeli, saba yisivumelwano
esiphakade,

11ethi: Ngizakukunika izwe laseKhanani libe yisabelo sefa lakho,

12lapho babe yingcosana ngomumo, yebo, lapho babe yingcosana, futhi babe
yizihambi kulo.

13 Bazulazula ezizweni ngezizwe, besuka kulo mbuso, beya kwabanye abantu.

14 Akavumelanga muntu ukubahlupha, wajezisa amakhosi ngenxa yabo,

15ethi: Ningathinti abagcotshiweyo bami, ningoni abaprofethi bami.

16Futhi wathuma indlala phezu kwezwe, walwaphula uzime lwesinkwa.

17 Wathuma indoda phambi kwabo: uJosefa wathengiswa abe yisigqila.

18 Balimaza izinyawo zakhe ngamaketanga, waboshwa ngensimbi.

19Kwaze kwaba yisikhathi elagcwaliseka ngaso izwi lakhe, izwi likaJehova
lamhola.

20 Inkosi yathuma yamthukulula, umbusi wabantu wamkhulula.

21 Wamenza umphathi wendlu yakhe nenduna yezinto zakhe zonke,

22ukuze abophe izikhulu zakhe ngokuthanda kwakhe, afundise amalunga
akhe ukuhlakanipha.

23 U-Israyeli wayesefika eGibithe, uJakobe wagogobala ezweni likaHamu.

24 Wandisa kakhulu abantu bakhe; wabenza babe namandla kunezitha zabo.

25 Wayiguqula inhliziyo yabo ukuba bazonde abantu bakhe, baphathe
izinceku zakhe ngobuqili.

26 Wathuma uMose inceku yakhe, u-Aroni abemkhethile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27 Benza phakathi kwabo izibonakaliso zakhe nezimangaliso ezweni
likaHamu.

28 Wathuma ubumnyama, wenza kwaba mnyama, kepha baphambana
namazwi akhe.

29 Waphendula amanzi abo aba yigazi; wabhubhisa izinhlanzi zabo.

30 Izwe labo lagcwala amasele nasezindlini zamakhosi abo.

31 Wakhuluma, kwavela izibawu nezinsensane eminceleni yabo yonke.

32 Wabanika isichotho saba yimvula yabo, amalangabi omlilo ezweni labo.

33Washaya nemivini yabo nemikhiwane yabo; waphula imithi yasezweni
labo.

34 Wakhuluma, kwavela isikhonyane nezinkumbi ezingenakubalwa.

35Zona zadla imifino yonke yezwe lakubo, zaqothula nezithelo zomhlabathi
wabo.

36 Washaya namazibulo onke ezweni lakubo, okokuqala kwamandla abo.

37 Wayesebakhipha benesiliva negolide, kungekho ontengezelayo emindenini
yakubo.

38IGibithe lajabula ekuphumeni kwabo, ngokuba ukwesaba kwabehlela.

39 Wendlala ifu lokubasibekela, nomlilo wokukhanyisa ebusuku.

40 Bacela, waletha izigwaca, wabasuthisa ngesinkwa sasezulwini.

41 Wavula idwala, kwampompoza amanzi, agobhoza emahlane njengomfula.

42Ngokuba wakhumbula izwi lakhe elingcwele no-Abrahama inceku yakhe.

43Wayesekhipha abantu bakhe ngokujabula, abakhethiweyo bakhe
ngokuthokoza.

44Wabapha amazwe abezizwe, badla isithelo somsebenzi wabantu

45 ukuba baqaphele izimiso zakhe, bagcine imithetho yakhe. Haleluya!

**AmaHubo 106**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Ukuhlubuka kuka-Israyeli nokuthembeka kukaJehova

1 Haleluya! Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

2 Ngubani ongalanda izenzo zamandla zikaJehova, azwakalise lonke udumo lwakhe, na?

3 Babusisiwe abaqaphela ukwahlulela kwakhe, owenza ukulunga ngezikhathi zonke.

4 Ngikhumbule, Jehova, ngomusa onawo kubantu bakho, ungihambele ngensindiso yakho,

5 ukuze ngibone inhlanhla yabakhethiweyo bakho, ngithokoze ngentokozo yesizwe sakho, ngizibonge kanye nefa lakho.

6 Sonile kanye nawobaba; senzile okubi, sonakala.

7 Obaba abaqondanga izibonakaliso zakho eGibithe, abakhumbulanga ubuningi bezenzo zakho zomusa; bahlubuka ngaselwandle, uLwandle Olubomvu.

8 Nokho wabasindisa ngenxa yegama lakhe, ukuze abonakalise amandla akhe.

9 Wakhuza uLwandle Olubomvu, lwasha; wabaholela ekujuleni njengasehlane.

10 Wabasindisa esandleni sababazondayo, wabakhulula esandleni sesitha.

11 Amanzi asibekela izitha zabo; akwasala noyedwa kubo.

12 Khona bakholwa ngamazwi akhe, bahlabelela udumo lwakhe.

13 Bashesha bakhohlwa imisebenzi yakhe, abalindelanga isiluleko sakhe.

14 Bahaha nokuhaha ehlane, bamlinga uNkulunkulu kwahlongasibi.

15 Wabanika abakufisayo, kepha wathuma ukonda emiphefumulweni yabo.

16 Baba nomhawu ngoMose ekamu, nango-Aroni ongcwele kaJehova.

17 Umhlaba wavuleka, wamgwinya uDathani, wagqiba iviyo lika-Abiramu.

18 Kokheleka umlilo eviyweni labo; ilangabi lashisa laqeda ababi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Benza ithole eHorebe; bakhuleka kuso isithombe esibunjiweyo.

20 Baguqula kanjalo inkazimulo yabo, yaba njengenkabi edla utshani.

21Bakhohlwa uNkulunkulu umsindisi wabo owayezenzile izinto ezinkulu eGibithe,

22 izimangaliso ezweni likaHamu nokwesabekayo ngaseLwandle Olubomvu.

23 Wathi ubezakubabhubhisa, uma uMose okhethiweyo wakhe ebengemanga ebusweni bakhe ukubakhulumela, ukuze amyekise intukuthelo yakhe, funa ababhubhise.

24 Badelela izwe elihle, babengakholwa yizwi lakhe.

25Bakhonona besematendeni abo; babengalaleli izwi likaJehova.

26 Ngalokho waphakamisa isandla sakhe ngakubo ukuba abawise ehlane,

27 awise nenzalo yabo phakathi kwabezizwe, abahlakaze emazweni.

28 Bazihlanganisa noBali Peyori, badla okuhlatshelwe abafileyo.

29Bamcunula ngezenzo zabo; kwabhoboka isifo phakathi kwabo.

30 Wayesesuka uFinehasi, wahlulela; saphela isifo;

31 lokhu wakubalelwa njengokulunga ezizukulwaneni ngezizukulwane kuze kube phakade.

32 Bamcunula ngasemanzini aseMeriba; kwaba kubi kuMose ngenxa yabo.

33 Ngokuba baphambana noMoya wakhe; wakhuluma ngamawala ngomlomo wakhe.

34 Ababhubhisanga abantu uJehova abayaleza ngabo,

35 kepha bahlangana nabezizwe, bafunda imisebenzi yabo.

36Bakhonza izithombe zabo, zaba lugibe kubo.

37 Amadodana namadodakazi abo bawahlabela amademoni.

38 Bachitha igazi elingenacala, igazi lamadodana abo namadodakazi abo abawahlabela izithombe zaseKhanani; izwe langcoliswa yigazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

39Bangcola kanjalo ngemisebenzi yabo, baphinga ezenzweni zabo.

40Intukuthelo kaJehova yokheleka ngakubantu bakhe; ifa lakhe laba
yisinengiso kuye.

41 Wabanikela esandleni sabezizwe; ababazondayo bababusa.

42Izitha zabo zabacindezela, bathotshiswa phansi kwesandla sazo.

43Kaningi wabakhulula; kepha bahlubuka ngecebo labo, bawiswa phansi
ngobubi babo.

44Nokho wanaka ukuhlupheka kwabo, esezwile ukukhala kwabo.

45 Wabakhumbulela isivumelwano sakhe; waphenduka ngokobuningi bomusa
wakhe.

46Wabatholisa ububele ebusweni babo bonke ababebathumbile.

47 Sisindise, Jehova Nkulunkulu wethu, sibuthe kwabezizwe ukuba sidumise
igama lakho elingcwele, sethabe ekukudumiseni.

48Makabongwe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli kusukela phakade kuze
kube phakade. Abantu bonke mabathi: Amen. Haleluya!

## AmaHubo 107

### Incwadi Yesihlanu

Amahubo 107 -- 150

**Ukubonga iNkosi kwabakhululekileyo bakwa-Israyeli**

1 Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

2 Mabasho njalo abahlengiweyo bakaJehova, abahlengileyo esandleni sesitha;

3 wababutha emazweni, empumalanga nasentshonalanga, enyakatho
naselwandle.

4 Bazulazula ehlane ngendlela yakwahlongasibi, abafumananga umuzi
wokuhlala.

5Belambile, bomile, umphefumulo wabo waphela amandla phakathi kwabo.

6Base bekhala kuJehova ekuhluphekeni kwabo; wabakhulula ezinsizini zabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Wabahola ngendlela elungileyo ukuba baye emzini wokuhlala.

8Mababonge uJehova ngomusa wakhe nezimangaliso zakhe kubo abantwana babantu.

9Ngokuba usuthisa umphefumulo olangazelayo; umphefumulo olambayo uyawugcwalisa ngokuhle.

10 Babehlezi ebumnyameni nasethunzini lokufa beboshiwe osizini nasensimbini,

11 ngokuba babephambene namazwi kaNkulunkulu, babesidelele isiluleko soPhezukonke.

12Wathobisa inhliziyo yabo ngokuhlupheka; bawa kungekho osizayo.

13Base bekhala kuJehova ekuhluphekeni kwabo, wabakhulula ezinsizini zabo.

14Wabakhipha ebumnyameni nasethunzini lokufa, wagqabula izibopho zabo.

15Mababonge uJehova ngomusa wakhe nangezimangaliso zakhe kubo abantwana babantu.

16Ngokuba waphulile amasango ethusi, wanquma imigoqo yensimbi.

17Babe yizithutha ngenxa yeziphambeko zabo; ngenxa yobubi babo babehlushwa.

18 Umphefumulo wabo wenyanya konke ukudla; basondela emasangweni okufa.

19Base bekhala kuJehova ekuhluphekeni kwabo; wabakhulula ezinsizini zabo.

20Wathuma izwi lakhe, wababphilisa, wabakhulula emathuneni abo.

21Mababonge uJehova ngomusa wakhe, nezimangaliso zakhe kubo abantwana babantu.

22Mabanikele iminikelo yokubonga, balande imisebenzi yakhe ngokwethaba.

23Behlela elwandle ngemikhumbi, bathengiselana emanzini amakhulu.

24Laba babona imisebenzi kaJehova nezimangaliso zakhe ekujuleni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Ngokuba wakhuluma, wavusa umoya wesiphepho owaphakamisa amadlambi olwandle.

26Bakhuphukela ezulwini, babuye behlela kuzo izintwa; umphefumulo wancibilika ngosizi.

27Bayendayenda, bantengezela njengodakiweyo; konke ukuhlakanipha kwabo kwagwinywa.

28Base bekhala kuJehova ekuhluphekeni kwabo, wabakhulula ezinsizini zabo.

29Wathulisa isiphepho, kwaze kwaba ngukuthula, kwathula namadlambi olwandle.

30 Base bethokoza, ngokuba kwaba ngukuthula; wabaholela ethekwini lokufisa kwabo.

31Mababonge uJehova ngomusa wakhe nangezimangaliso zakhe kubo abantwana babantu.

32Mabamphakamise ebandleni labantu, bamdumise emhlanganweni wamalunga.

33Imifula wayiphendula ihlane, nemithombo yamanzi isigagadu,

34 nomhlabathi ovundileyo waba lugwadule lukasawoti ngenxa yobubi babahlezi khona.

35 Ihlane waliphendula amachibi amanzi, nomhlabathi owomileyo imithombo yamanzi.

36Wabahlalisa khona abalambileyo, bakha khona umuzi wokuhlala.

37Balima amasimu, batshala isivini, kwabathelela izithelo.

38 Wababusisa, banda kakhulu, akanciphisa izinkomo zabo.

39 Babuye bancipha, bathotshiswa ngokucindezelwa, nangobubi, nangosizi.

40 Wathela ukudelelwa phezu kwezikhulu, wabazulazulisa ehlane elingenandlela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

41Nokho waphakamisa ompofu, wamkhipha osizini, enza imindeni njengomhlambi.

42 Olungileyo uyakukubona, ajabule; ububi bonke bumelwe ukuvala umlomo.

43Ohlakaniphileyo makaqaphele lokhu; bayakuqonda umusa kaJehova.

## AmaHubo 108

### Umkhuleko wokunqoba izitha

Igama. Ihubo likaDavide.

1 Inhliziyo yami iduduzekile, Nkulunkulu; ngizakuhlabelela, ngihube, ngisho nomphefumulo wami.

2Vukani, lugubhu nehabhu! Ngizakuvusa ukusa.

3Ngizakukubonga phakathi kwabantu, Jehova, ngikudumise phakathi kwezizwe.

4 Ngokuba umusa wakho mkhulu phezu kwezulu, nokuthembeka kwakho kuze kube semafwini.

5Phakama, Nkulunkulu, phezu kwezulu, inkazimulo yakho ibe phezu komhlaba wonke.

6 Ukuze abathandekayo bakho bakhululwe, sindisa ngesandla sakho sokunene, ungizwele.

7UNkulunkulu ukhulumile ebungcweleni bakhe, wathi: Ngiyakwethaba; ngiyakulidabula iShekemi, ngisilinganise isiGodi saseSukoti.

8Ngowami uGileyadi, ngowami uManase; u-Efrayimi uyisivikelo sekhanda lami, uJuda uyintonga yami yokubusa.

9UMowabi uyisitsha sami sokuhlambela; phezu kuka-Edomi ngiphonsa isicathulo sami; phezu kweFilistiya ngiyethaba.

10Ngubani oyakungiyisa emzini oyinqaba na? Ngubani oyakungiholela kwa-Edomi na?

11Akusiwena Nkulunkulu osilahlileyo na? Nkulunkulu, awusaphumi nezimpi zethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Siphe ukuba sisizakale ekuhluphekeni, ngokuba ukusiza komuntu kuyize.

13 NgoNkulunkulu siyakwenza izenzo zamandla; yena uyakunyathela phansi izitha zethu.

## AmaHubo 109

### Ngezitha ezikhohlisayo

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Ihubo.

1 Ungathuli, Nkulunkulu wokubonga kwami.

2 Ngokuba umlomo womubi nomlomo wenkohliso bawuvulile ngakimi; bakhulumile ngami ngolimi lwamanga.

3Bangizungeza ngamazwi enzondo; balwa nami, kungekho sizathu.

4Ngenxa yothando lwami bayangizonda, mina ngisemkhulekweni njalo.

5 Bangibuyisele okubi ngokuhle, nenzondo ngothando lwami.

6 Beka omubi phezu kwakhe; makume omelene naye ngasesandleni sakhe sokunene.

7 Ekwahlulelweni kwakhe makalahlwe yicala; umkhuleko wakhe mawube yisono.

8 Izinsuku zakhe mazibe yingcosana, omunye athathe isikhundla sakhe.

9 Abantwana bakhe mababe yizintandane, umkakhe abe ngumfelokazi.

10 Abantwana bakhe mababe yizintandane, baphanze, bacele bekude nezindawo zabo ezichithekileyo.

11Umtsheleki makabambe konke anakho, abafo baphange izithelo zomsebenzi wakhe.

12Makungabikho omenzela umusa, futhi kungabikho ohawukela izintandane zakhe.

13 Inzalo yakhe mayinqunywe; igama layo malesulwe esizukulwaneni esilandelayo.

14 Ububi bawoyise mabukhumbuleke kuJehova; masingesulwa isono sikanina.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Mabeme phambi kukaJehova njalo, kunqunywe isikhumbuzo sabo emhlabeni.

16Ngokuba wayengakhumbuli ukwenza umusa, kepha wazingela umuntu odingayo nompofu nodabukile ngenhliziyo ukuba ababulale.

17Wathanda ukuthuka, kweza phezu kwakhe; wayengathokozi ngesibusiso, sahlala kude naye.

18Wagqoka ukuthuka njengesambatho, kwangena ezibilinini zakhe njengamanzi, nasemathanjeni akhe njengamafutha.

19Makube kuye njengesambatho asembathayo nebhande azibopha ngalo isikhathi sonke.

20Lokhu makube ngumvuzo wezitha, uvela kuJehova, nowabakhuluma kabi ngomphefumulo wami.

21 Kepha wena Jehova, Nkosi yami, ngiphathe ngokwegama lakho; njengokuba umusa wakho ulungile, ngisindise.

22Ngokuba ngingodingayo nompofu; inhliziyo yami ilimele phakathi kwami.

23 Njengethunzi eselilide ngiyamuka; njengesikhonyane ngiyapheshulwa.

24Amadolo ami abuthakathaka ngokuzila ukudla, nomzimba wami uswele ukukhuluphala.

25 Futhi ngaba yisihlamba kubona; bengibheka banikina amakhanda abo.

26Ngisize, Jehova Nkulunkulu wami, ngisindise ngokomusa wakho,

27ukuze bazi ukuthi lokhu kuyisandla sakho; wena Jehova ukwenzile.

28Mabathuke bona, wena ubusise; nxa bevuka, mabajabhe; kepha inceku yakho mayithokoze.

29 Abamelene nami mabembeswe amahloni, bagqoke ukujabha njengesambatho.

30 Ngiyakumbonga uJehova ngomlomo wami, ngimdumise esixukwini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

31 Ngokuba uyakuma ngakwesokunene sompofu ukumsindisa kulabo abalahla umphefumulo wakhe.

## AmaHubo 110

### INkosi yaseSiyoni ingumpristi ngendlela kaMelkisedeki

ElikaDavide. Ihubo.

1 UJehova wathi eNkosini yami: Hlala ngakwesokunene sami, ngize ngenze izitha zakho zibe yisenabelo sezinyawo zakho.

2 Intonga yamandla akho uJehova uyakuyelula eseSiyoni; busa wena phakathi kwezitha zakho.

3 Abantu bakho bayazinikela ngenjabulo ngosuku lwempi yakho; ebuhleni bobungcwele abasha bakho bavela njengamazolo esizalweni sokusa.

4 UJehova ufungile engayikuguquka, wathi: Wena ungumpristi kuze kube phakade ngendlela kaMelkisedeki.

5INkosi ingakwesokunene sakho; iyakuchoboza amakhosi ngosuku lwentukuthelo yayo.

6 Iyakwahlulela phakathi kwabezizwe, kugcwale izidumbu, ichoboze amakhanda ezizweni eziningi.

7Iyakuphuza emfuleni ngasendleleni; ngalokho iyakuphakamisa ikhanda.

## AmaHubo 111

### Izenzo ezinhle zikaJehova kubo abantu besivumelwano sakhe

1 Haleluya! Ngiyakubonga uJehova ngenhliziyo yami yonke emhlanganweni nasebandleni labaqotho.

2Mikhulu imisebenzi kaJehova, iphenywa yibo bonke abathokoza ngayo.

3Umsebenzi wakhe ungubukhosi nodumo, nokulunga kwakhe kumi phakade.

4Wenzele izimangaliso zakhe isikhumbuzo; uJehova unomusa nobubele.

5 Abamesabayo ubapha ukudla; ukhumbula njalo isivumelwano sakhe.

6Ubonisile abantu bakhe amandla emisebenzi yakhe ngokubapha ifa labezizwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Imisebenzi yezandla zakhe iyiqiniso nokwahlulela; imithetho yonke yakhe iqinile;

8imisiwe ngeqiniso nangobuqotho.

9 Wabathumela abantu bakhe ukukhululwa; uyalezile isivumelwano sakhe kuze kube phakade; lingcwele, liyesabeka igama lakhe.

10 Ukumesaba uJehova kungukuqala kokuhlakanipha; banengqondo enhle bonke abakwenzayo. Udumo lwakhe lumi kuze kube phakade.

## AmaHubo 112

### Inhlanhla yomesabayo uNkulunkulu

1 Haleluya! Ubusisiwe umuntu omesabayo uJehova, othokoza kakhulu ngemithetho yakhe.

2 Inzalo yakhe iyakuba namandla emhlabeni; isizukulwane sabaqotho siyakubusiswa.

3Ingcebo nemfuyo kusendlini yakhe; ukulunga kwakhe kumi phakade.

4 Kuyabaphumela abalungileyo ukukhanya ebumnyameni: umusa, nobubele, nokulunga.

5 Umuntu omuhle nguye onomusa, otshelekayo, esekela izindaba zakhe ngokulunga.

6Ngokuba akayikugudluka kuze kube phakade; olungileyo uyakukhunjulwa kuze kube phakade.

7 Akesabi imibiko emibi; inhliziyo yakhe iqinile, iyethemba uJehova.

8 Imisekile inhliziyo yakhe, ayesabi, aze azibuke izitha zakhe ziphansi.

9 Uyaphana, uyabanika abampofu; ukulunga kwakhe kumi kuze kube phakade; uphondo lwakhe luyakuphakama ngodumo.

10 Omubi uyakukubona, acunuke, agedle amazinyo akhe, abesephela; isifiso sababi siyakubhubha.

## AmaHubo 113

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Ukumbonga uJehova ngokunaka kwakhe ompofu

1 Haleluya! Dumisani nina zinceku zikaJehova, nidumise igama likaJehova.

2 Malibongwe igama likaJehova kusukela kulesi sikhathi kuze kube phakade.

3 Kusukela ekuphumeni kwelanga kuze kube sekushoneni kwalo igama likaJehova malidunyiswe.

4UJehova uphakeme phezu kwezizwe zonke, inkazimulo yakhe iphezu kwezulu.

5 Ngubani onjengoJehova uNkulunkulu wethu, ohlezi phezulu,

6ozithoba ukubona ezulwini nasemhlabeni, na?

7 Uyavusa odingayo othulini, aphakamise ompofu ezaleni,

8ukuze amhlalise nezikhulu, yebo, izikhulu zabantu bakhe.

9 Inyumba uyayipha ukuphatha umuzi, ibe ngunina othokozayo wabantwana. Haleluya!

## AmaHubo 114

### Ukukhishwa okumangalisayo kuka-Israyeli eGibithe

1 Kwathi ukuba u-Israyeli aphume eGibithe, indlu kaJakobe kubantu bolunye ulimi,

2 khona uJuda waba yindlu yakhe engcwele, u-Israyeli waba ngumbuso wakhe.

3 Ulwandle lwakubona, lwabaleka, iJordani labuyiselwa emuva.

4 Izintaba zatshekula njengezinqama, amagquma njengamawundlu.

5Unani wena lulwandle ukuba ubaleke, nawe Jordani ukuba ubuyiselwe emuva,

6nani zintaba ukuba nitshekule njengezinqama, nani magquma eninjengamawundlu, na?

7Thuthumela, mhlaba, ebusweni beNkosi, ebusweni bukaNkulunkulu kaJakobe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 yena ophendula idwala libe yichibi lamanzi, insengetsha ibe ngumthombo wamanzi.

## AmaHubo 115

### Udumo malube kuJehova yedwa

1 Ungasiphi thina, Jehova, ungasiphi thina, kepha uliphe igama lakho inkazimulo ngenxa yomusa wakho nangenxa yeqiniso lakho.

2 Abezizwe bayakusho ngani ukuthi: "Uphi manje uNkulunkulu wabo na?"

3 Kepha uNkulunkulu wethu usezulwini; wenza konke akuthandayo.

4 Izithombe zabo ziyisiliva negolide, umsebenzi wezandla zomuntu.

5 Umlomo zinawo, kepha azikhulumi; amehlo zinawo, kepha aziboni.

6 Izindlebe zinazo, kepha azizwa; zinamakhala, kepha azihogeli.

7 Zinezandla, kepha aziphathi; zinezinyawo, kepha azihambi; azikhulumi ngomphimbo wazo.

8 Abazenzayo bayafana nazo, bonke abazethembayo.

9 Israyeli, themba kuJehova; yena ulusizo lwabo nesihlangu sabo.

10 O wena ndlu ka-Aroni, themba kuJehova; yena ulusizo lwabo nesihlangu sabo.

11 Nina enimesabayo uJehova thembani kuJehova; yena ulusizo lwabo nesihlangu sabo.

12 UJehova usikhumbulile; uyakubusisa, abusise indlu ka-Israyeli, abusise indlu ka-Aroni.

13 Uyakubusisa abamesabayo uJehova, abancane nabakhulu.

14 UJehova uyakunandisa, nina nabantwana benu.

15 Manibe ngababusisiweyo bakaJehova owenzile izulu nomhlaba.

16 Izulu liyizulu likaJehova, kepha umhlaba wawunika abantwana babantu.

17 Abafileyo abamdumnisi uJehova, qha, noyedwa kwabehlelayo ekuthuleni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Kepha thina siyakumbonga uJehova kusukela kulesi sikhathi kuze kube phakade. Haleluya!

## AmaHubo 116

### Ukudumisa kosindisiweyo

1 Ngiyamthanda uJehova, ngokuba uyezwa izwi lokukhuleka kwami.

2Ngokuba ubekile indlebe kimi ngiyakukhuleka kuye zonke izinsuku zami.

3 Izintambo zokufa zangizungeza, nobuhlungu bendawo yabafileyo bangibamba; ngafumana ukuhlupheka nosizi.

4Kepha ngabiza igama likaJehova, ngathi: Ngiyakuncenga, Jehova, khulula umphefumulo wami.

5Unomusa uJehova, ulungile; uNkulunkulu wethu unobubele.

6UJehova uyalondoloza ongenabuqili; ngithotshisiwe phansi wangisindisa.

7 Buyela ekuphumuleni kwakho, mphefumulo wami, ngokuba uJehova ukuphathe ngomusa.

8 Yebo, ukhululile umphefumulo wami ekufeni, amehlo ami ezinyembezini, nezinyawo zami ekuweni.

9Ngiyakuhamba ebusweni bukaJehova ezweni labaphilayo.

10 Ngiyakholwa, ngalokho ngiyakhuluma; ngahlushwa kakhulu.

11 Ngathi osizini lwami: Bonke abantu banamanga.

12Ngiyakubuyiselani kuJehova ngazo zonke izenzo zakhe ezinhle kimina na?

13Ngiyakuthatha indebe yensindiso, ngibize igama likaJehova.

14 Izithembiso zami kuJehova ngiyakuzigcwalisa, yebo, nasebusweni babantu bakhe bonke.

15 Kuyigugu emehlweni kaJehova ukufa kwabangcwele bakhe.

16Ngiyinceku yakho impela, Jehova; ngiyinceku yakho, indodana yencekukazi yakho; uthukululile izintambo zami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

17Ngiyakunikela kuwe umnikelo wokubonga, ngibize igama likaJehova.

18Izithembiso zami kuJehova ngiyakuzigcwalisa yebo, nasebusweni babantu bakhe bonke,

19emagcekeni endlu kaJehova, phakathi kwakho, Jerusalema. Haleluya!

## AmaHubo 117

### Izizwe zonke mazibonge uJehova

1 Dumisani uJehova nina bezizwe zonke, nimbabaze nina bantu bonke.

2 Ngokuba umusa wakhe mkhulu kithina; iqiniso likaJehova limi phakade. Haleluya!

## AmaHubo 118

### Igama lokudumisa

1 Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

2 Makathi u-Israyeli: Yebo, umusa wakhe umi phakade.

3Mayithi indlu ka-Aroni: Yebo, umusa wakhe umi phakade.

4Mabathi abamesabayo uJehova: Yebo, umusa wakhe umi phakade.

5 Engcingweni yami ngakhuleka kuJehova, uJehova wangiphendula endaweni ebanzi.

6 UJehova ungakimi, angiyikwesaba; umuntu angangenzani na?

7UJehova ungakimi ekanye nabangisizayo; ngalokho ngiyakubabuka bephansi abangizondayo.

8 Kuhle ukuphephela kuJehova kunokwethemba umuntu.

9 Kuhle ukuphephela kuJehova kunokwethemba izikhulu.

10Bonke abezizwe bayangizungeza; egameni likaJehova ngiyakubachitha.

11Bayangikaka, yebo, bayangizungeza; egameni likaJehova ngiyakubachitha.

12Bayangibunganyela njengezinyosi, bacimeka njengomlilo wameva; egameni likaJehova ngiyakubachitha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Bayangihlohloloza ukuba ngiwe, kepha uJehova uyangisiza.

14 UJehova ungamandla ami nesihlabelelo sami, waba yinsindiso yami.

15 Izwi lokwethaba nelokusindiswa lisezindlini zabalungileyo; esokunene sikaJehova senza okwamandla.

16Esokunene sikaJehova siphakeme, esokunene sikaJehova sisebenza ngamandla.

17 Angiyikufa, kepha ngiyakuphila, ngishumayele imisebenzi kaJehova.

18UJehova wangilaya nokungilaya, kodwa akanginikelanga ekufeni.

19 Ngivuleleni amasango okulunga, ngingene ngawo, ngimdumise uJehova.

20Yileli isango likaJehova; olungileyo uyakungena ngalo.

21Ngiyakukudumisa, ngokuba ungizwile, waba yinsindiso yami.

22 Itshe abalinqabayo abakhi selaba yinhloko yegumbi.

23Lona lavela kuJehova; liyisimangaliso emehlweni ethu.

24Yilolu usuku alwenzileyo uJehova; siyakwethaba, sithokoze ngalo.

25Sindisa, Jehova! ngiyakuncenga; hlahlamelisa, Jehova! ngiyakucela.

26 Makabusiswe ozayo egameni likaJehova; siyanibusisa sisendlini kaJehova.

27UJehova unguNkulunkulu, usikhanyisele; hlobisani umkhosi ngamahlamvu kuze kube sezimpondweni ze-altare.

28 Wena unguNkulunkulu wami, ngiyakukubonga; Nkulunkulu wami, ngiyakukuphakamisa.

29Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

## AmaHubo 119

### Induduzo yokholwa yizwi likaNkulunkulu

1 Babusisiwe abaqotho endleleni, abahamba ngemithetho kaJehova.

2 Babusisiwe abagcina ubufakazi bakhe, abamfuna ngenhliziyo yonke,

3 abangenzi ukungalungi, kepha behamba ezindleleni zakhe;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4wena usiyalezile ukuba sizigcine ngokwempela.

5Sengathi zingaqondiswa izindlela zami ukuba ngigcine izimiso zakho.

6Khona angiyikujabha; ngiyakuhlonipha iziyalezo zonke zakho.

7Ngiyakukubonga ngobuqotho benhliziyo, lapho ngifunda izahlulelo zakho ezilungileyo.

8Izimiso zakho ngiyakuzigcina; ungangishiyi nakanci.

9Insizwa iyakuyihlanza kanjani indlela yayo na? Ngokuqaphela okwezwi lakho.

10Ngikufunile ngenhliziyo yami yonke; mangingaphambuki emiyalweni yakho.

11Enhliziyweni yami ngiyalonda izwi lakho, ukuze ngingoni kuwe.

12Mawubongwe wena Jehova, ungifundise izimiso zakho.

13Ngomlomo wami ngimemezele zonke izahlulelo zomlomo wakho.

14Ngithokoza ngendlela yobufakazi bakho njengemfuyo.

15Ngiyakuzindla ngeziyalezo zakho, ngihloniphe izindlela zakho.

16Ngiyakuthokoza ngezimiso zakho; angiyikukhohlwa izwi lakho.

17Yenzele okuhle inceku yakho ukuba ngiphile, ngigcine izwi lakho.

18Vula amehlo ami ukuba ngibone izimangaliso zasemthethweni wakho.

19 Ngingumfokazi emhlabeni; ungangifihleli imiyalo yakho.

20 Umphefumulo wami waphukile ngokulangazelela njalo izahlulelo zakho.

21 Uyakhuza abazidlayo, abaqalekisiweyo, abaduka emiyalweni yakho.

22Susa kimi isihlamba nokudelelwa, ngokuba ngiyaqaphela ubufakazi bakho.

23 Yebo, izikhulu zihlezi zikhuluma ngami; inceku yakho iyazindla ngezimiso zakho.

24Ubufakazi bakho buyintokozo yami, bungumluleki wami.

25Umphefumulo wami unamathela othulini; ngiphilise ngokwezwi lakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26Ngimemezele izindlela zami, wena wangizwa; ngifundise izimiso zakho.

27Ngiqondise indlela yeziyalezo zakho ukuba ngikhulume ngezimangaliso
zakho.

28Umphefumulo wami uyakhala ngosizi; ngivuse ngokwezwi lakho.

29Susa kimi indlela yamanga, ungiphe ngomusa umthetho wakho.

30Ngikhethile indlela yeqiniso; izahlulelo zakho ngizibekile phambi kwami.

31Ngibambelele ebufakazini bakho; ungangijabhisi, Jehova.

32Ngiyakugijima ngendlela yemiyalo yakho, ngokuba uyakwandisa inhliziyo
yami.

33 Ngitshengise, Jehova, indlela yezimiso zakho; ngiyakuyigcina kuze kube
sekupheleni.

34Ngiphe ingqondo, ukuze ngiqaphele umthetho wakho, ngiwugcine
ngenhliziyo yami yonke.

35Ngihambise endleleni yemiyalo yakho, ngokuba ngiyathokoza ngayo.

36 Thobisela inhliziyo yami ebufakazini bakho, kungabi sekuhaheni.

37Phendula amehlo ami, angaboni okuyize, ungiphilise endleleni yakho.

38Yigcwalise encekwini yakho inkulumo yakho eyenza ukuba wesatshwe.

39Dlulisa isihlamba engisesabayo, ngokuba izahlulelo zakho zinhle.

40Bheka, ngiyalangazelela iziyalezo zakho; ngiphilise ngokulunga kwakho.

41Mawuze kimi umusa wakho, Jehova, insindiso yakho ngokwezwi lakho.

42Khona ngiyakumphendula ongithukayo, ngokuba ngiyalethemba izwi lakho.

43Ungalisusi emlonyeni wami ngokupheleleyo izwi leqiniso, ngokuba
ngiyethemba izahlulelo zakho.

44Khona ngiyakuwugcina njalo umthetho wakho, yebo, kuze kube phakade.

45 Ngiyakuhamba endaweni ebanzi, ngokuba iziyalezo zakho ngiyazifuna.

46 Ngiyakukhuluma ngobufakazi bakho phambi kwamakhosi, ngingajabhi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

47Ngiyakuthokoza ngemiyalo yakho engiyithandileyo.

48Ngiyakuphakamisela izandla zami kuyo imiyalo yakho engiyithandileyo, ngizindle ngezimiso zakho.

49Khumbula izwi encekwini yakho owangipha ithemba ngalo.

50 Lokhu kuyinduduzo ekuhluphekeni kwami, ngokuba izwi lakho lingiphilisile.

51Abazidlayo bangihleka usulu kakhulu, kepha emthethweni wakho angichezuki.

52Ngiyakhumbula izahlulelo zakho zasendulo, Jehova; ngiyaduduzeka.

53Ukuvutha kolaka kungibambile ngenxa yababi abashiya umthetho wakho.

54Zaba yizihlabelelo kimina izimiso zakho endlini yokugogobala kwami.

55 Ebusuku ngikhumbula igama lakho, Jehova, ngigcina umthetho wakho.

56Lokhu kwaba ngokwami, ngokuba ngagcina iziyalezo zakho.

57 UJehova uyisabelo sami; ngithi ngiyakugcina amazwi akho.

58Ngincenga ubuso bakho ngenhliziyo yami yonke; yiba nomusa kimi ngokwezwi lakho.

59Ngizindla ngezindlela zami, ngiqondisa izinyawo zami ebufakazini bakho.

60Ngiyashesha, angilibali ukugcina imiyalo yakho.

61Izintambo zababi ziyangizungeza, kepha angikhohlwa umthetho wakho.

62 Phakathi kobusuku ngiyakuvuka ngikubonge ngenxa yezahlulelo zakho ezilungileyo.

63 Ngingumngane wabo bonke abakwesabayo, abagcina iziyalezo zakho.

64 Umhlaba ugcwele umusa wakho, Jehova; ngifundise izimiso zakho.

65Uyenzele inceku yakho okuhle, Jehova, ngokwezwi lakho.

66Ngifundise ukuqonda okuhle nokwazi, ngokuba ngikholwa yimiyalo yakho.

67Ngingakahlupheki ngaduka, kepha manje sengiyaligcina izwi lakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

68Umuhle wena, futhi wenza okuhle; ngifundise izimiso zakho.

69Abazidlayo baqamba amanga ngami; ngenhliziyo yonke yami ngiyakugcina iziyalezo zakho.

70 Inhliziyo yabo injengamafutha ingezwa lutho; kepha mina ngithokoza ngomthetho wakho.

71Kwangilungela ukuba ngihlushwe, ukuze ngifunde izimiso zakho.

72 Umthetho womlomo wakho muhle kunezinkulungwane zegolide nezesiliva.

73 Izandla zakho zingenzile, zangibumba; ngiphe ingqondo, ukuze ngifunde imiyalo yakho.

74Abakwesabayo bayakujabula lapho bengibona, ngokuba ngethemba izwi lakho.

75Ngiyazi ukuthi izahlulelo zakho zilungile nokuthi wangilaya ngokuthembeka.

76Umusa wakho mawube yinduduzo encekwini yakho ngokwezwi lakho.

77Ububele bakho mabuze kimi, ukuze ngiphile, ngokuba umthetho wakho uyintokozo yami.

78Abazidlayo mabajabhe, ngokuba bangicindezele, kungekho sizathu; kepha mina ngiyakuzindla ngeziyalezo zakho.

79Mabaphendukele kimi abakwesabayo nabaziyo ubufakazi bakho.

80Inhliziyo yami mayiphelele ezimisweni zakho, ukuze ngingajabhi.

81 Umphefumulo wami ulangazelela insindiso yakho; ngiyalethemba izwi lakho.

82 Amehlo ami alangazelela izwi lakho, ngithi: Uyakungiduduza nini na?

83Nginjengemvaba emsini; izimiso zakho angizikhohlwa.

84 Zingaki izinsuku zenceku yakho? Uzakubahlulela nini abangizingelayo na?

85Abazidlayo bangimbela imigodi, bona abaphambene nomthetho wakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

86Yonke imiyalo yakho ithembekile; bayangizingela ngamanga; ngisize.

87Bacishe bangiqeda emhlabeni, kepha angishiyanga iziyalezo zakho.

88Ngiphilise ngokomusa wakho, ukuze ngigcine ubufakazi bomlomo wakho.

89 Kuze kube phakade, Jehova, izwi lakho limi liqinile ezulwini.

90Ezizukulwaneni ngezizukulwane ukuthembeka kwakho kukhona; wamisa umhlaba; usemi.

91Ngokwezahlulelo zakho kusekhona nanamuhla, ngokuba konke kuyizinceku zakho.

92Uma umthetho wakho ubungesiyo intokozo yami, ngabe ngibhubhele ekuhluphekeni kwami.

93Angiyikukhohlwa kuze kube phakade iziyalezo zakho, ngokuba ungiphilisile ngazo.

94 Ngingowakho, ngisindise, ngokuba ngiyafuna iziyalezo zakho.

95 Ababi bahlalele ukungibhubhisa, kepha ngiyaqaphela ubufakazi bakho.

96Ngibonile ukugcina kokuphelelyo konke, kepha umthetho wakho ubanzi kakhulu.

97Ngiyawuthanda umthetho wakho kangaka. Usuku lonke ngizindla ngawo.

98Ngemiyalo yakho ngiyahlakanipha kunezitha zami, ngokuba inami kuze kube phakade.

99Ngiyaqonda kunabo bonke abangifundisayo, ngokuba ngizindla ngobufakazi bakho.

100Nginokuqonda kunabadala, ngokuba ngigcina iziyalezo zakho.

101Ngiyazinqanda izinyawo zami ezindleleni zonke zokubi, ukuze ngigcine izwi lakho.

102Ezahlulelweni zakho angichezuki, ngokuba wena uyangifundisa.

103 Amnandi kangaka amazwi akho ekunambitheni kwami; adlula izinyosi emlonyeni wami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society of south africa

104 Ngeziyalezo zakho ngiyathola ukuqonda; ngalokho ngiyazonda zonke izindlela zamanga.

105 Izwi lakho liyisibani ezinyaweni zami nokukhanya endleleni yami.

106Ngifungile; ukulonda izahlulelo zakho ezilungileyo ngakugcina.

107Ngiyahlupheka kakhulu; Jehova, ngiphilise ngokwezwi lakho.

108 Jehova, yamukela iminikelo yesihle yomlomo wami, ungifundise izahlulelo zakho:

109 Umphefumulo wami usesandleni sami njalo; nokho umthetho wakho angiwukhohlwa.

110Ababi bangibekele ugibe, kepha angiduki eziyalezweni zakho.

111Ngidlile ifa lobufakazi bakho kuze kube phakade, ngokuba kuyintokozo yenhliziyo yami.

112Ngithobisile inhliziyo yami ukwenza izimiso zakho njalo, yebo, kuze kube sekupheleni.

113 Ngiyabazonda abanhliziyo mbili, kepha umthetho wakho ngiyawuthanda.

114Wena uyisiphephelo sami nesihlangu sami; ngiyethemba izwi lakho.

115Sukani kimi nina enenza okubi, ngokuba ngiyakugcina imiyalo kaNkulunkulu wami.

116 Ngiphase ngokwezwi lakho, ukuze ngiphile, ngingajabhi ngethemba lami.

117Ngisekele, ngize ngisindiswe, ngibheke njalo izimiso zakho.

118Uyabadelela bonke abaduka ezimisweni zakho, ngokuba ubuqili babo buyize.

119Uyabalahla bonke ababi bomhlaba njengendiva; ngalokho ngiyathanda ubufakazi bakho.

120 Inyama yami iyathuthumela ngovalo ngawe, ngiyesaba izahlulelo zakho.

121Ngiyenza ukwahlulela nokulunga; unganginikeli kubo abahluphi bami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

122Mela inceku yakho kube kuhle; abazidlayo mabangangicindezeli.

123Amehlo ami ayalangazelela insindiso yakho nezwi lokulunga kwakho.

124Yenza encekwini yakho ngokomusa wakho, ungifundise izimiso zakho.

125 Ngiyinceku yakho; ngiphe ingqondo ukuba ngazi ubufakazi bakho.

126 Kuyisikhathi sikaJehova sokusebenza, ngokuba bawenz ize umthetho wakho.

127Ngalokho ngiyathanda imiyalo yakho kunegolide, yebo, kunegolide elicwengekileyo.

128Ngalokho ngiyavuma ukuthi imiyalo yakho yonke ilungile; ngiyazonda zonke izindlela zamanga.

129Ubufakazi bakho buyisimangaliso; ngalokho umphefumulo wami uyabugcina.

130 Ukwambulwa kwamazwi akho kuyakhanyisa, yebo, kuyabaqondisa abangenalwazi.

131Ngivula umlomo wami, ngikhefuzela, ngokuba ngiyalangazelela imiyalo yakho.

132Bheka kimi, ube nomusa kimi njengokufanele abathanda igama lakho.

133Qinisa izinyathelo zami ezwini lakho; makungangibusi nobubodwa ububi.

134Ngihlenge ekuhlupheni kwabantu, ukuze ngigcine iziyalezo zakho.

135 Yikhanyisele inceku yakho ubuso bakho, ngifundise izimiso zakho.

136Imifula yamanzi iyehlela emehlweni ami, ngokuba abagcini umthetho wakho.

137 Wena Jehova ulungile; izahlulelo zakho ziqotho.

138Uyalezile ubufakazi bakho ngokulunga ngokuthembeka okukhulu.

139 Ukushisekela kwami kungidlile, ngokuba izitha zami zikhohliwe amazwi akho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

140 Izwi lakho licwebile kakhulu; ngalokho inceku yakho iyalithanda.

141Ngimncane, ngidelelekile; iziyalezo zakho angizikhohlwa.

142Ukulunga kwakho kungukulunga okuphakade; umthetho wakho uyiqiniso.

143Ukuhlupheka nosizi kungehlele; imiyalo yakho iyintokozo yami.

144Ukulunga kobufakazi bakho kumi phakade; ngiphe ukuqonda ukuba ngiphile.

145Ngikhala ngenhliziyo yami yonke; ngizwe, Jehova; izimiso zakho ngiyakuzigcina.

146Ngikhala kuwe, ngisindise; ngiyakugcina ubufakazi bakho.

147 Ngiyandulela uvivi lokusa ngikhala; ngiyethemba amazwi akho.

148 Amehlo ami ayandulela imilindo yobusuku ukuba ngizindle ngezwi lakho.

149Yizwa izwi lami ngokomusa wakho, Jehova, ungiphilise ngokwezahlulelo zakho.

150Bayasondela abalandela ukonakala; bakude nomthetho wakho.

151 Wena Jehova useduze; imiyalo yakho yonke iyiqiniso.

152Kudala ngazile ngobufakazi bakho ukuthi ubusekele kuze kube phakade.

153Bheka ukuhlupheka kwami, ungikhulule, ngokuba angikhohlwa umthetho wakho.

154Mela indaba yami, ungihlenge, ungiphilise ngokwezwi lakho.

155Ukusindiswa kukude nababi, ngokuba abafuni izimiso zakho.

156Ububele bakho, Jehova, bukhulu; ngiphilise ngokwezahlulelo zakho.

157Abangizingelayo nabayizitha kimi baningi; kepha ebufakazini bakho angichezuki.

158Lapho ngibona amambuka, ngiyadikibala, ngokuba awagcini izwi lakho.

159Bheka ukuthi ngithanda kangaka iziyalezo zakho, Jehova; ngiphilise ngokomusa wakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

160 Amazwi akho onke ayiqiniso; zonke izahlulelo zakho ezilungileyo zimi kuze kube phakade.

161Izikhulu ziyangizingela, kungekho sizathu, kepha inhliziyo yami iyesaba izwi lakho.

162Ngithokoza ngezwi lakho njengozuza impango enkulu.

163Amanga ngiyawazonda, ngiyawenyanya; umthetho wakho ngiyawuthanda.

164Kasikhombisa ngosuku ngiyakudumisa ngezahlulelo zokulunga kwakho.

165 Abathanda umthetho wakho banokuthula okukhulu; akukho sikhubekiso kubo.

166 Ngiyethemba insindiso yakho, Jehova; imiyalo yakho ngiyayenza.

167Umphefumulo wami uyagcina ubufakazi bakho; ngiyabuthanda kakhulu.

168Ngiyagcina iziyalezo zakho nobufakazi bakho, ngokuba izindlela zami zonke ziphambi kwakho.

169Ukukhala kwami makusondele ebusweni bakho, Jehova; ngiqondise ngokwezwi lakho.

170Ukuncenga kwami makuze ebusweni bakho; ngihlenge ngokwezwi lakho.

171Umlomo wami mawuchichime indumiso, ngokuba uyangifundisa izimiso zakho.

172Ulimi lwami malukhulume izwi lakho, ngokuba imiyalo yakho yonke ilungile.

173Isandla sakho masibe lusizo kimi, ngokuba ngikhethile iziyalezo zakho.

174Ngiyalangazelela insindiso yakho, Jehova; umthetho wakho uyintokozo yami.

175Umphefumulo wami mawuphile, ukudumise; izahlulelo zakho mazingisize.

176 Ngiyaduka njengemvu elahlekileyo; funa inceku yakho, ngokuba angikhohlwa imiyalo yakho.

**AmaHubo 120**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

**Umkhuleko wocela ukusizwa ekukhohliseni kwezitha**
Igama lokukhuphuka.

1Ekuhluphekeni kwami ngakhala kuJehova, wangiphendula.

2Jehova, hlenga umphefumulo wami emlonyeni wamanga nasolimini lwenkohliso.

3 Uyakuvuzwa ngani, uyakwenezelelwani wena lulimi lwenkohliso, na?

4 Imicibisholo ebukhali yeqhawe namalahle omlilo.

5Maye kimi! Ngokuba ngigogobele kwaMesheke, ngihlezi ematendeni akwaKedari.

6Umphefumulo wami sekukade wahlala naye ozonda ukuthula.

7Ngingowokuthula; kepha uma ngikhuluma, bangabalwayo.

## AmaHubo 121

**Ukwethemba ukulondoloza kukaNkulunkulu**
Igama lokukhuphuka.

1 Ngiphakamisela amehlo ami ezintabeni; usizo lwami luvelaphi na?

2 Usizo lwami luvela kuJehova owenzile izulu nomhlaba.

3 Akayikuvuma ukuba unyawo lwakho lushelele; okulondolozayo akayikozela.

4Bheka, olonda u-Israyeli akozeli, akalali.

5 UJehova ungumlondi wakho; uJehova ungumthunzi wakho ngasesandleni sakho sokunene.

6Ilanga aliyikukushaya emini nenyanga ebusuku.

7UJehova uyakukulondoloza ebubini bonke; uyakulonda umphefumulo wakho.

8 UJehova uyakulondoloza ukuphuma kwakho nokungena kwakho kusukela kulesi sikhathi kuze kube phakade.

## AmaHubo 122

**IJerusalema lifiselwa isibusiso**
Igama lokukhuphuka. ElikaDavide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Ngajabula lapho bethi kimi: Masiye endlini kaJehova.

2Izinyawo zethu sezimi emasangweni akho, Jerusalema,

3 Jerusalema, wena owakhiwe njengomuzi ohlanganisiwe ngokuqinileyo,

4 lapho imindeni ikhuphukela khona, imindeni kaJehova, ngokomthetho ka-
Israyeli ukuba idumise igama likaJehova.

5 Ngokuba kumisiwe khona izihlalo zokwahlulela, izihlalo zobukhosi zendlu kaDavide.

6Khulekelani ukuthula kwaseJerusalema: Abakuthandayo bayakuphumelela kahle.

7Makube khona ukuthula phakathi kwezingange zakho, nenhlanhla ezindlini zakho zobukhosi.

8Ngenxa yabafowethu nabangane bethu ngizakuthi manje: Makube khona ukuthula kuwe.

9Ngenxa yendlu kaJehova uNkulunkulu wethu ngiyakukufunela okuhle.

## AmaHubo 123

### Umkhuleko wocela ukusizwa ezidelelini

Igama lokukhuphuka.

1 Ngiyaphakamisela kuwe amehlo ami, wena ohlezi ezulwini.

2Bheka, njengamehlo ezinceku ekuzo izandla zamakhosi azo, namehlo encekukazi ekuso isandla senkosikazi yayo, kanjalo amehlo ethu akuye uJehova uNkulunkulu wethu, aze abe nomusa kithi.

3Sihawukele, Jehova sihawukele, ngokuba sesidiniwe kakhulu ngukudelelwa.

4 Umphefumulo wethu udiniwe kakhulu ngukweyisa kwabaziqhenyayo nokudelela kwabazidlayo.

## AmaHubo 124

### Ukubonga ukusindiswa engozini enkulu

Igama lokukhuphuka. ElikaDavide.

1Uma uJehova ebengenathi, makasho njalo manje u-Israyeli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 uma uJehova ebengenathi, lapho abantu besivukela,

3 ngabe sebesigwinyile ekuvutheni kolaka lwabo kithina;

4amanzi ngabe asewele phezu kwethu, kudlule isikhukhula phezu komphefumulo wethu,

5 kudlule phezu komphefumulo wethu amanzi akhukhumeleyo.

6Makabongwe uJehova ongasinikelanga ukuba sibe yimpango yamazinyo abo.

7Umphefumulo wethu uphunyukile njengenyoni ogibeni lwabacuphi; ugibe lwaphukile, thina saphunyuka.

8 Usizo lwethu lusegameni likaJehova owenzile izulu nomhlaba.

## AmaHubo 125

**UJehova uyalondoloza u-Israyeli**
Igama lokukhuphuka.

1 Abamethembayo uJehova bafana nentaba yaseSiyoni engenakunyakaziswa kepha imi phakade.

2Njengalokhu izintaba zihaqa iJerusalema, kanjalo uJehova uhaqa abantu bakhe kalokhu kuze kube phakade.

3 Ngokuba intonga yababi ayinakuhlala phezu kwesabelo sabalungileyo, funa abalungileyo belulele izandla zabo kokubi.

4Jehova, yenza okuhle kubo abalungileyo nabaqotho ezinhliziyweni zabo.

5 Kepha abaphambukela ezindleleni zabo eziyizinsongensonge uJehova uzakubahambisa kanye nabenza okubi. Ukuthula makube phezu kuka-Israyeli.

## AmaHubo 126

**Ukutshala ngezinyembezi nokuvuna ngentokozo**
Igama lokukhuphuka.

1 Lapho uJehova abuyisa ukuthunjwa kweSiyoni, sasinjengabaphuphayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Umlomo wethu wawusugcwala ukuhleka nolimi lwethu ukuhuba; bathi phakathi kwabezizwe: UJehova ubenzele izinto ezinkulu.

3 UJehova usenzele izinto ezinkulu, sajabula.

4 Buyisa, Jehova, ukuthunjwa kwethu njengemifula yaseningizimu.

5 Abahlwanyela ngezinyembezi bayakuvuna ngokuthokoza.

6 Ohamba ekhala izinyembezi, ephethe imbewu yokuhlwanyela, uyakubuya ngokuthokoza, ephethe izinyanda zakhe.

## AmaHubo 127

### Zonke izibusiso zivela kuJehova

Igama lokukhuphuka. ElikaSolomoni.

1 Uma uJehova engayakhi indlu, basebenzela ize abayakhayo; uma uJehova engalondolozi umuzi, umlindi wawo ulindela ize.

2 Kuyize kini ukuba nivuke ekuseni, nephuze ukuphumula, nidle isinkwa sezinhlupheko, ngokuba uyamupha othandiweyo wakhe esalele.

3 Bheka, abantwana bayifa elivela kuJehova, isithelo sesisu singumvuzo.

4 Njengemicibisholo esandleni seqhawe banjalo abantwana bobusha.

5 Ibusisiwe indoda emgodla wayo ugcwele bona; abayikujabha lapho bekhuluma nezitha zabo esangweni.

## AmaHubo 128

### Inhlanhla yekhaya lomuntu oqotho

Igama lokukhuphuka.

1 Babusisiwe bonke abamesabayo uJehova, abahamba ngezindlela zakhe.

2 Ngokuba uyakudla umsebenzi wezandla zakho; uyakuba nenhlanhla nempumelelo.

3 Umkakho uyakuba njengomnqumo othelayo phakathi kwendlu yakho, abantwana bakho babe njengezithombo zomnqumo, bezungeza itafula lakho.

4 Ngokuba bheka, kanjalo iyakubusiswa indoda emesabayo uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

5 UJehova makakubusise eseSiyoni; uyakubona inhlanhla yaseJerusalema zonke izinsuku zokuphila kwakho.

6 Uyakubona abantwana babantwana bakho. Ukuthula makube phezu kuka-Israyeli.

## AmaHubo 129

**Ubuthakathaka bezitha zeSiyoni**
Igama lokukhuphuka.

1Bangihluphile kaningi kwasebusheni bami, makasho njalo u-Israyeli.

2Bangihluphile kakhulu, nokho abangahlulanga.

3 Abalimi balima emhlane wami, benza ibe mide imisele yabo.

4UJehova ulungile; unqumile izintambo zababi.

5Mabajabhiswe, babuyiselwe emuva bonke abazonda iSiyoni.

6 Mababe njengotshani ophahleni, obubuna bungakakhuli.

7Ovunayo akagcwalisi ngabo isandla sakhe, nobopha izinyanda izingalo zakhe.

8 Abadlulayo abasho ukuthi: Isibusiso sikaJehova masibe phezu kwenu; siyanibusisa egameni likaJehova.

## AmaHubo 130

**Umkhuleko wokuthethelelwa nokukhululwa**
Igama lokukhuphuka.

1 Ngikhala kuwe Jehova ngisotweni phansi.

2Nkosi, yizwa izwi lami; izindlebe zakho mazilalele izwi lokuncenga kwami.

3 Uma wena Jehova uqaphela iziphambeko, Nkosi, ngubani ongema na?

4 Kepha ukuthethelela kukuwe, ukuze wesatshwe.

5Ngiyalindela uJehova, umphefumulo wami uyalinda; ngiyalethemba izwi lakhe.

6Umphefumulo wami uyalindela iNkosi kunabalindi belindela ukusa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 U-Israyeli makamethembe uJehova, ngokuba umusa ukuJehova,
nokukhulula okuningi kukuye.

8 Uyakumhlenga u-Israyeli eziphambekweni zakhe zonke.

## AmaHubo 131

### Ukuzithobela uJehova

Igama lokukhuphuka. ElikaDavide.

1 Jehova, inhliziyo yami ayikhukhumali, amehlo ami awaziphakamisi;
angingeni ezindabeni ezinkulu nasezintweni ezingahlulayo.

2 Ngiduduzile, ngawuthulisa umphefumulo wami; njengomntwana
olunyuliweyo kunina, njengolumulekileyo, unjalo umphefumulo wami
phakathi kwami.

3 Israyeli, yethemba uJehova kusukela kulesi sikhathi kuze kube phakade.

## AmaHubo 132

### Isithembiso sikaDavide kuJehova nesithembiso sikaJehova kuDavide

Igama lokukhuphuka.

1 Jehova, mkhumbulele uDavide zonke izinhlupheko zakhe

2 ukuthi wafunga kuJehova, wenza isithembiso kuye onguMninimandla
kaJakobe, ethi:

3 Angiyikungena etendeni lendlu yami; angiyikwenyukela embhedeni wami;

4 angiyikunika amehlo ami ubuthongo, nezinkophe zami ukozela

5 ngingakatholeli uJehova indawo, indlu yonguMninimandla kaJakobe.

6 Bheka, sizwile ngakho e-Efratha, sakufumana ezweni laseJari.

7 Masingene endlini yakhe, sikhuleke ngasesenabelweni sezinyawo zakhe.

8 Vuka, Jehova, uye ekuphumuleni kwakho, wena nomphongolo wamandla
akho.

9 Abapristi bakho mabembeswe ukulunga, abangcwele bakho bethabe.

10 Ngenxa yenceku yakho uDavide mawungaphenduli ubuso bogcotshiweyo
wakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 UJehova ufungile kuDavide ngeqiniso, akabuyi kukho, ethi: Owenzalo yomzimba wakho ngiyakumbeka esihlalweni sakho sobukhosi.

12 Uma abantwana bakho begcina isivumelwano sami nobufakazi bami engiyakubafundisa bona, khona abantwana babo bayakuhlala esihlalweni sakho kuze kube phakade.

13 Ngokuba uJehova ukhethile iSiyoni; ulithandile libe yindawo yakhe yokuhlala:

14 Yona ingeyokuphumula kwami kuze kube phakade; lapha ngiyakuhlala khona, ngokuba ngiyifunile.

15 Ngiyakubusisa kakhulu ukudla kwalo; abampofu balo ngiyakubasuthisa ngesinkwa.

16 Abapristi balo ngiyakubembesa insindiso; abangcwele balo bayakumemeza nokumemeza ngenjabulo.

17 Ngiyakuhlumisa uphondo lukaDavide, ogcotshiweyo wami ngimlungisele isibani.

18 Izitha zalo ngiyakuzembesa ihlazo, kepha kuyena uqobo umqhele wakhe uyakukhazimula.

## AmaHubo 133

### Isibusiso esisekuhlanganeni kwabazalwane

Igama lokukhuphuka. ElikaDavide.

1 Bheka, kuhle, kumnandi kangaka ukuba abazalwane bahlalisane ndawonye bemunye.

2 Kufana namafutha amahle ekhanda ehlela esilevini, isilevu sika-Aroni, ehlela nasemphethweni wezambatho zakhe.

3 Kufana namazolo aseHermoni ehlela ezintabeni zaseSiyoni. Ngokuba uJehova wayaleza khona isibusiso, yebo, ukuphila kuze kube phakade.

## AmaHubo 134

### Isibusiso sikaJehova phezu kwabambongayo uJehova

Igama lokukhuphuka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

1 Bhekani, nibonge uJehova nina nonke zinceku zikaJehova enimi endlini kaJehova ebusuku.

2 Phakamiselani izandla zenu endlini engcwele, nimbonge uJehova.

3 UJehova makakubusise eseSiyoni, yena owenzile izulu nomhlaba.

## AmaHubo 135

### Indumiso kuJehova ngezimangaliso zakhe

1 Haleluya! Dumisani igama likaJehova; mdumiseni nina zinceku zikaJehova

2enimi endlini kaJehova emagcekeni endlu kaNkulunkulu wethu.

3 Dumisani uJehova, ngokuba uJehova muhle; hubelani igama lakhe, ngokuba limnandi.

4 Ngokuba uJehova uzikhethele uJakobe, no-Israyeli ukuba abe yimfuyo yakhe.

5 Impela ngiyazi ukuthi uJehova mkhulu nokuthi iNkosi yethu iphezu kwabo bonke onkulunkulu.

6 Konke uJehova akuthandayo uyakwenza ezulwini nasemhlabeni, emanzini nasezinzulwini zonke.

7 Ukhuphula izinkungu emikhawulweni yomhlaba, wenza imibani kube yimvula; ukhipha umoya ezingotsheni zakhe.

8 Washaya amazibulo aseGibithe, awabantu kanye nawezilwane.

9 Wathuma izibonakaliso nezimangaliso phakathi kwakho, Gibithe, phezu kukaFaro nezinceku zakhe zonke.

10 Washaya izizwe ezinkulu, wabulala amakhosi anamandla:

11 uSihoni inkosi yama-Amori, no-Ogi inkosi yaseBashani, nemibuso yonke yaseKhanani.

12 Wanika izwe labo laba yifa, laba yifa lika-Israyeli, isizwe sakhe.

13 Jehova, igama lakho limi phakade; isikhumbuzo sakho, Jehova, sisezizukulwaneni ngezizukulwane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Ngokuba uJehova uyakwahlulela abantu bakhe, ahawukele izinceku zakhe.

15 Izithombe zabezizwe ziyisiliva negolide, umsebenzi wezandla zomuntu.

16Umlomo zinawo, kepha azikhulumi; amehlo zinawo, kodwa aziboni.

17Izindlebe zinazo, kepha azizwa, nomoya awukho emlonyeni wazo.

18Abazenzayo bayafana nazo, bonke abazethembayo.

19 Wena ndlu ka-Israyeli, mbonge uJehova; wena ndlu ka-Aroni, mbonge uJehova.

20Wena ndlu kaLevi, mbonge uJehova; nina enimesabayo uJehova, mbongeni uJehova.

21UJehova makabongwe eSiyoni, yena owakhe eJerusalema. Haleluya!

## AmaHubo 136

### Ukubonga uJehova ngezimangaliso zakhe nomusa wakhe ongunaphakade

1 Bongani uJehova, ngokuba muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

2 Bongani uNkulunkulu wawonkulunkulu, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

3 Bongani iNkosi yamakhosi, ngokuba umusa wayo umi phakade;

4yona engoyedwa owenza izimangaliso ezinkulu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

5owenzile izulu ngokuhlakanipha, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

6 owendlala umhlaba phezu kwamanzi, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

7owenza izinkanyiso ezinkulu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

8ilanga ukuba libuse emini, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

9inyanga nezinkanyezi ukuba zibuse ebusuku, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

10 owalishaya iGibithe, amazibulo alo, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 owamkhipha u-Israyeli phakathi kwabo, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

12 ngesandla esinamandla nangengalo eyeluliweyo, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

13 owahlukanisa kabili uLwandle Olubomvu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

14 owawelisa u-Israyeli phakathi kwalo, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

15 owachitha uFaro nempi yakhe eLwandle Olubomvu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

16 owahola abantu bakhe ehlane, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

17 owashaya amakhosi amakhulu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

18 owabulala amakhosi adumileyo, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

19 uSihoni inkosi yama-Amori, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

20 no-Ogi inkosi yaseBashani, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

21 owanika izwe labo laba yifa, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

22 laba yifa lika-Israyeli inceku yakhe, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

23 owasikhumbula sisephansi, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

24 owasikhulula ezitheni zethu, ngokuba umusa wakhe umi phakade;

25 onika inyama yonke ukudla, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

26 Bongani uNkulunkulu wezulu, ngokuba umusa wakhe umi phakade.

## AmaHubo 137

### Ngasemifuleni yaseBabele

1 Ngasemifuleni yaseBabele sahlala khona, sakhala, lapho sikhumbula iSiyoni.

2 Amahabhu ethu sawaphanyeka eminyezaneni ephakathi kwalo.

3 Ngokuba abasithumbileyo bacela ukuba sihlabelele igama, nabahluphi bethu bafuna injabulo, bethi: Sihlabeleleni elinye lamagama aseSiyoni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Siyakuhlabelela kanjani ihubo likaJehova kwelinye izwe na?

5Uma ngikhohlwa wena Jerusalema, masizikhohlwe isandla sami sokunene.

6Ulimi lwami malunamathele olwangeni lwami, uma ngingakukhumbuli, uma
ngingaphakamisi iJerusalema phezu kwentokozo yami enkulu.

7 Khumbula, Jehova, usuku lweJerusalema, ngenxa yabantwana bakwa-
Edomi abathi: Dilizani, dilizani, kuze kube sesisekelweni salo.

8 Ndodakazi yaseBabele, wena oyakubhujiswa, ubusisiwe oyakuphindisela
kuwe izenzo zakho owazenza kithina.

9 Ubusisiwe oyakubamba abancane bakho, abaphahlaze edwaleni.

## AmaHubo 138

### Ukubonga uJehova omkhulu omnene

ElikaDavide.

1Ngiyakukubonga ngenhliziyo yami yonke; phambi kwawonkulunkulu
ngiyakukuhubela.

2 Ngiyakukhuleka phambi kwethempeli lakho elingcwele, ngibonge igama
lakho ngenxa yomusa wakho neqiniso lakho, ngokuba phezu kwakho konke
uphakamisile igama lakho nezwi lakho.

3 Ngosuku engakhala ngalo wangiphendula; wangiqunga isibindi, wangipha
amandla emphefumulweni wami.

4 Onke amakhosi omhlaba ayakukubonga, Jehova, lapho ezwile amazwi
omlomo wakho.

5Yebo, ayakuhlabelela ngezindlela zikaJehova, ngokuba inkulu inkazimulo
kaJehova.

6 Ngokuba noma uJehova ephakeme, uyanakekela nokho ophansi; uyamazi
ozidlayo ekude.

7 Noma ngihamba phakathi kwenhlupheko, uyakungiphilisa; uyakwelulela
isandla sakho olakeni lwezitha zami, esokunene sakho singisindise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[8] UJehova uyakufeza okwami; Jehova, umusa wakho umi phakade; ungashiyi imisebenzi yezandla zakho.

## AmaHubo 139

### UJehova uyazi konke, ukhona ezindaweni zonke

Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Ihubo.

[1] Jehova, uyangihlolisisa, uyangazi.

[2] Uyakwazi ukuhlala kwami nokuvuka kwami, uqonda umcabango wami ukude.

[3] Uyaphenya ukuhamba kwami nokulala kwami, wazana nezindlela zonke zami.

[4]Ngokuba alikho izwi olimini lwami, Jehova, ongalaziyo ngokupheleleyo.

[5]Ungizungezile ngasemuva nangaphambili, wabeka isandla sakho phezu kwami.

[6]Ukwazi okunjalo kuyangimangalisa; kuphakeme, anginakufinyelela kukho.

[7]Ngiyakuyaphi, ngisuke emoyeni wakho, na? Ngiyakubalekelaphi, ngimuke ebusweni bakho, na?

[8] Uma ngikhuphukela ezulwini, wena ulapho; uma ngendlala icansi lami endaweni yabafileyo, nangu wena.

[9]Uma ngithabatha amaphiko okusa, ngiye ngihlale emikhawulweni yolwandle,

[10]nalapho isandla sakho siyakungihola, esokunene sakho singibambe.

[11]Uma bengithi: Ubumnyama mabungehlele, ukukhanya kube ngubusuku kimi,

[12] ubumnyama bebungayikuba mnyama kuwe, ngokuba ubusuku bebuyakukhanya njengemini, ubumnyama bufane nokukhanya.

[13] Ngokuba wena uzenzile izinso zami, wangaluka esiswini sikamame.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Ngiyakukubonga, ngokuba ngenziwa ngokwesabekayo nangokumangalisayo; imisebenzi yakho iyamangalisa; umphefumulo wami uyakwazi kahle.

15 Amathambo ami ayengafihlekile kuwe, lapho ngenziwa ekusithekeni, ngibunjwa ezindaweni ezijulileyo zomhlaba.

16 Amehlo akho angibona ngiseyihlule; zonke izinsuku zami zalotshwa encwadini yakho, zanqunywa, lungakafiki nolulodwa kuzo.

17 Imicabango yakho, Nkulunkulu, ingamagugu kimi; bukhulu kangaka ubuningi bayo.

18 Uma bengiyakuyibala, miningi kunesihlabathi; lapho ngivuka, bengiyakuba nawe.

19 Sengathi ungabulala ababi, Nkulunkulu; ngalokho sukani kimi nina bantu begazi.

20 Bakhuluma ngamacebo ngawe, baliphatha ngeze igama lakho.

21 Jehova, angibazondi abakuzondayo na? Anginengwa ngabakuvukelayo na?

22 Ngiyabazonda ngenzondo epheleleyo; bayizitha kimi.

23 Ngihole, Nkulunkulu, wazi inhliziyo yami; ngilinge, wazi imicabango yami,

24 ubone, uma kukhona indlela yosizi kimi, ungiholele endleleni yaphakade.

## AmaHubo 140

### Umkhuleko wokulondolozwa

Kumholi wokuhlabelela. Ihubo likaDavide.

1 Ngikhulule, Jehova, kumuntu omubi, ngilondoloze kumuntu oyisidlwangudlwangu.

2 Baceba okubi enhliziyweni yabo; izinsuku zonke baviva impi.

3 Bayalola ulimi lwabo njengenyoka; isihlungu samabululu siphansi kwezindebe zabo. ***Sela***

4 Ngilondoloze ezandleni zomubi, ngilinde kumuntu oyisidlwangudlwangu, oceba ukukhuba izinyawo zami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Abazidlayo bangifihlela ugibe; ngezintambo bendlala inetha; eceleni kwendlela bangibekela izihibe. ***Sela***

6 Ngathi kuJehova: UnguNkulunkulu wami wena. Yizwa, Jehova, izwi lokunxusa kwami.

7 Jehova Nkosi yami, mandla ensindiso yami, uvikela ikhanda lami ngosuku lokulwa.

8Ungazivumeli, Jehova, izifiso zababi; ungaphumelelisi amacebo abo, funa baziphakamise. ***Sela***

9Maqondana nesihlungu sabangizungezayo mababambozwe ngububi bomlomo wabo.

10 Amalahle ashisayo mawawele phezu kwabo; mababaphonswe emlilweni nasemigodini ejulileyo, bangabe besavuka.

11 Umuntu wamanga makangamiswa emhlabeni; ububi mabuzingele umuntu oyisidlwangudlwangu, abhujiswe.

12Ngiyazi ukuthi uJehova uyakumela udaba lohluphekayo nokufaneleyo kwabampofu.

13 Impela abalungileyo bayakubonga igama lakho; abaqotho bayakuhlala ebusweni bakho.

## AmaHubo 141

**Umkhuleko wocela ukusizwa ezilingweni nasezitheni**

Ihubo likaDavide.

1Jehova, ngiyakhala kuwe, ngiphuthume; lalela izwi lami, nxa ngikhuleka kuwe.

2 Umkhuleko wami mawube njengempepho ebusweni bakho, nokuphakanyiswa kwezandla zami njengomnikelo wakusihlwa.

3 Jehova, bekela umlomo wami umlindi, ugcine umnyango wezindebe zami.

4 Ungaphenduleli inhliziyo yami entweni embi ukuba ngenze imisebenzi yobubi kanye nabantu abenza okubi, ngingadli izibilebile zabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Olungileyo makangishaye, kungumusa kimi; angisole, kungamafutha ekhanda; ikhanda lami malingawenqabi, ngokuba nasebubini babo umkhuleko wami uyobe usekhona.

6 Abahluleli babo bayakuphonswa eweni; bayakuzwa ukuthi amazwi ami amnandi.

7 Njengalokhu umuntu elima, eklaya umhlabathi, amathambo ethu ahlakazekile ngasemlonyeni wendawo yabafileyo.

8 Kepha amehlo ami akuwe Jehova Nkosi yami; ngiyakwethemba wena; ungathululi umphefumulo wami.

9 Ngihlenge ogibeni abangibekele lona, nasezihibeni zabenza okubi.

10 Ababi mabawele emanetheni abo, mina ngidlule kuwo.

## AmaHubo 142

**Ukukhalela ukusindiswa ebudlwangudlwangwini babazingelayo**

IMaskili likaDavide esemhumeni. Umkhuleko.

1 Ngiyakhala kuJehova ngezwi lami, ngincenga uJehova ngezwi lami.

2 Ngiyathulula ebusweni bakhe isikhalo sami, ngibonakalisa kuye inhlupheko yami.

3 Lapho umoya wami udangala phakathi kwami, wena uyawazi umkhondo wami; endleleni engihamba ngayo bangifihlele ugibe.

4 Bheka ngakwesokunene sami, ubone ukuthi akakho onginakekelayo; isiphephelo singiphuthele, akakho okhathalela umphefumulo wami.

5 Ngikhala kuwe Jehova, ngithi: Wena uyisiphephelo sami nesabelo sami ezweni lababaphilayo.

6 Lalela ukukhala kwami, ngokuba ngicindezelekile kakhulu; ngikhulule kubo abangizingelayo, ngokuba banamandla kunami.

7 Khipha umphefumulo wami etilongweni ukuba ngibonge igama lakho; abalungileyo bayakungizungeza, ngokuba uyakungiphatha kahle.

## AmaHubo 143

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Ukukhala nokukhuleka
Ihubo likaDavide.

[1] Jehova, yizwa umkhuleko wami, ubeke indlebe ekuncengeni kwami; ungiphendule ngokuthembeka kwakho nokulunga kwakho.

[2] Ungangeni ekwahlululeleni nenceku yakho, ngokuba akukho muntu okhona olungile emehlweni akho.

[3] Ngokuba isitha siyazingela umphefumulo wami, sicindezela phansi emhlabathini ukuphila kwami; singihlalisile ebumnyameni njengabakade bafa.

[4] Umoya wami uphelile kimi; inhliziyo yami igongobele phakathi kwami.

[5] Ngiyakhumbula izinsuku zasendulo, ngizindla ngemisebenzi yakho yonke, ngicabange ngezenzo zezandla zakho.

[6] Ngiyazelulela izandla zami kuwe; umphefumulo wami womela wena njengomhlaba owomileyo. ***Sela***

[7] Shesha ungiphendule, Jehova; umoya wami uyaphela; ungangifihleli ubuso bakho, funa ngifane nabashona egodini.

[8] Ngizwise umusa wakho ekuseni, ngokuba ngiyethemba kuwe; ngazise indlela engifanele ukuhamba ngayo, ngokuba ngiphakamisela kuwe umphefumulo wami.

[9]Ngikhulule ezitheni zami; Jehova, ngicashe kuwe.

[10] Ngifundise ukwenza intando yakho, ngokuba wena unguNkulunkulu wami; umoya wakho omuhle mawungihole emhlabathini olelezekileyo.

[11]Jehova, ngiphilise ngenxa yegama lakho, ngokulunga kwakho uwukhiphe umphefumulo wami ekuhluphekeni.

[12] Zinqume izitha zami ngomusa wakho, ububhubhise bonke abahlupha umphefumulo wami, ngokuba ngiyinceku yakho.

## AmaHubo 144

### Ukubonga nokucela ukusindiswa nempumelelo
ElikaDavide.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Makabongwe uJehova, idwala lami, ofundisa izandla zami ukuhlasela
neminwe yami ukulwa,

2 umusa wami nenqaba yami, umbhoshongo wami ophakemeyo nomkhululi
wami, isihlangu sami, nengiphephela kuye, nothobisa abantu bami phansi
kwami.

3 Jehova, uyini umuntu ukuba umazi, nendodana yomuntu ukuba
uyikhumbule, na?

4 Umuntu ufana nomoya; izinsuku zakhe zinjengethunzi elidlulayo.

5 Thobisa amazulu akho, Jehova, wehle; thinta izintaba, zithunqe.

6 Imibani mayinyazime, ubahlakaze; thuma imicibisholo yakho,
ubaphithizise.

7 Yelula isandla sakho phezulu, ungikhulule, ungophule emanzini amakhulu
nasesandleni sabafokazi

8 abamlomo wabo ukhuluma inkohliso, nesandla sabo sokunene
singesokunene samanga.

9 Ngiyakuhlabelela kuwe Nkulunkulu isihlabelelo esisha; ngogubhu
olunezintambo eziyishumi ngiyakukuhubela.

10 Nguye onika amakhosi insindiso, okhulula inceku yakhe uDavide
enkembeni elimazayo.

11 Ngikhulule, ungophule esandleni sabafokazi abamlomo wabo ukhuluma
inkohliso, nesandla sabo sokunene singesokunene samanga.

12 Lapho amadodana ethu enjengezithombo ezikhulileyo ebusheni bazo,
namadodakazi ethu enjengamatshe amagumbi abaziwe ngendlela
yokwakhiwa kwezindlu zamakhosi;

13 lapho izingobo zethu zigcwele, ziveza izinhlobo ngezinhlobo, nezimvu
zethu zizala ngezinkulungwane, yebo, ngezinkulungwane eziyishumi
emadlelweni ethu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14lapho izinkabi zethu zithweswe kakhulu, nalapho kungekho ukufohla kwesitha nokungena empini nezikhalo ezitaladini zethu,

15 babusisiwe abantu abanjalo; babusisiwe abantu abaNkulunkulu wabo unguJehova.

## AmaHubo 145

### Ubukhulu nobumnene bukaJehova

Indumiso kaDavide.

1 Ngiyakukuphakamisa wena Nkulunkulu wami, Nkosi, ngilituse igama lakho phakade naphakade.

2Imihla yonke ngiyakukubonga, ngilidumise igama lakho phakade naphakade.

3 Mkhulu uJehova, umelwe ukudunyiswa kakhulu; ubukhulu bakhe abuphenyisiseki.

4 Isizukulwane siyakubabaza kwesinye imisebenzi yakho, simemezele izenzo zakho zamandla.

5 Ngiyakuzindla ngenkazimulo nodumo lobukhosi bakho nangezimangaliso zakho.

6Abantu bayakukhuluma ngamandla ezenzo zakho ezesabekayo; ubukhulu bakho ngiyakubumemezela.

7Bayakweneka kakhulu inkumbulo yobuhle bakho obukhulu, bahube ngokulunga kwakho.

8 UJehova unesihe nobumnene; uyephuza ukuthukuthela, mkhulu ngomusa.

9UJehova muhle kubo bonke; uyayihawukela imisebenzi yakhe yonke.

10Yonke imisebenzi yakho iyakukudumisa, abangcwele bakho bakubonge.

11Ngenkazimulo yombuso wakho bayakukhuluma, bashumayele ngamandla akho

12ukuba babazise abantwana babantu izenzo zakho zamandla nenkazimulo yobukhosi bombuso wakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Umbuso wakho ungumbuso kuze kube phakade; ubukhosi bakho busezizukulwaneni ngezizukulwane.

14 UJehova uyaphasa bonke abawayo, abavuse bonke abathotshisiweyo.

15 Amehlo abo bonke alinda wena; uyabanika ukudla ngesikhathi esiyiso.

16 Uyavula isandla sakho, usuthise ukufisa kwakho konke okuphilayo.

17 UJehova ulungile ezindleleni zakhe zonke, unomusa emisebenzini yakhe yonke.

18 UJehova useduze nabo bonke abambizayo, bonke abambizayo ngeqiniso.

19 Uyasuthisa ukufisa kwabamesabayo; uyezwa ukukhala kwabo, abasindise.

20 UJehova uyalondoloza bonke abamthandayo, kepha ababi bonke uyakubabhubhisa.

21 Umlomo wami uyakukhuluma udumo lukaJehova, inyama yonke ibonge igama lakhe elingcwele kuze kube phakade.

## AmaHubo 146

### Ukudumisa uJehova, umsizi olungileyo

1 Haleluya! Dumisa uJehova, mphefumulo wami.

2 Ngisaphila ngiyakumdumisa uJehova, ngihube kuNkulunkulu wami ngisekhona.

3 Ningethembi ezikhulwini nasendodaneni yomuntu okungekho kuyo ukusiza.

4 Umoya wakhe uyaphuma, yena abuyele emhlabathini wakhe; ngalona lolo suku amacebo akhe ayaphela.

5 Ubusisiwe yena omsizi wakhe unguNkulunkulu kaJakobe, othemba lakhe likuJehova uNkulunkulu wakhe

6 owenzile izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okuphakathi kwakho, ogcina iqiniso kuze kube phakade;

7 obenzela abacindezelweyo ukwahlulela, obapha abalambileyo ukudla; uJehova uyakhulula iziboshwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 UJehova uyenza ukuba izimpumputhe zibone; uJehova uyavusa abathotshisiweyo; uJehova uyathanda abalungileyo.

9 UJehova uyalondoloza abafokazi; uyaphasa intandane nomfelokazi; kepha indlela yababi uyayiphambanisa.

10 UJehova uyabusa kuze kube phakade, uNkulunkulu wakho, Siyoni, ezizukulwaneni ngezizukulwane. Haleluya!

## AmaHubo 147

### Ukudumisa uJehova, uSomandla noMninimusa

1 Haleluya! Ngokuba kuhle ukuhlabelela kuNkulunkulu wethu, yebo, kumnandi; ukudumisa kufanele.

2 UJehova uyalakha iJerusalema; abaxoshiweyo bakwa-Israyeli uyababutha.

3 Uyaphilisa abenhliziyo echobozekileyo; izilonda zabo uyazibopha.

4 Uyabala inani lezinkanyezi, azibize zonke ngamagama.

5 INkosi yethu inkulu, makhulu amandla ayo; ukuqonda kwakhe akunakulinganiswa.

6 UJehova uyaphakamisa abathobekileyo; ababi uyabawisa phansi emhlabathini.

7Hubelani uJehova ngokubonga, nimdumise uNkulunkulu wethu ngehabhu,

8 osibekela izulu ngamafu, olungisela umhlaba imvula, ohlumisa utshani ezintabeni.

9 Unika izinkomo ukudla kwazo, namazinyane egwababa akhalayo.

10 Akathokozi ngamandla ehhashi, akajabuleli imilenze yomuntu.

11UJehova uyathokoza ngabamesabayo, abathemba umusa wakhe.

12Jerusalema, mbabaze uJehova; Siyoni, mdumise uNkulunkulu wakho.

13Ngokuba uqinisile imigoqo yamasango; ubusisile abantwana bakho phakathi kwakho.

14Uyenza ukuthula emikhawulweni yakho; uyakusuthisa ngokolweni omuhle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[15]Uyathumela umyalo wakhe emhlabeni; izwi lakhe ligijima ngejubane elikhulu.

[16] Uyanika iqhwa njengoboya; uhlakaza isithwathwa njengomlotha.

[17]Uyaphonsa isichotho sakhe njengezinhlamvu; ngubani ongema phambi kwamakhaza akhe na?

[18]Uyathuma izwi lakhe, likuncibilikise; uyavusa umoya wakhe, amanzi agobhoze.

[19] Uyatshengisa izwi lakhe kuJakobe, izimiso zakhe nezahlulelo zakhe ku-Israyeli.

[20] Akenzanga njalo kwesinye isizwe nesisodwa: izahlulelo zakhe asizazi. Haleluya!

## AmaHubo 148

### Izulu nomhlaba makudumise uJehova

[1] Haleluya! Dumisani uJehova ezulwini, nimdumise kweliphezulu.

[2]Mdumiseni nina zingelosi zakhe zonke, nimdumise nina mabandla akhe onke.

[3]Mdumiseni nina langa nenyanga, nimdumise nina zinkanyezi zonke ezikhanyayo.

[4] Mdumiseni nina mazulu amazulu, nina manzi aphezu kwezulu.

[5]Makuthathe kudumise igama likaJehova, ngokuba wayaleza, kwadaleka.

[6] Futhi wakumisa kuze kube phakade; washaya umthetho ongenakweqiwa.

[7]Mdumiseni uJehova emhlabeni nina mikhomo nezintwa zonke,

[8] nawe mlilo nesichotho, liqhwa nenkwezane, nawe siphepho esenza okwezwi lakhe,

[9]nani zintaba namagquma onke, nani mithi ethelayo nayo yonke imisedari,

[10]nani zilwane nezinkomo zonke, nani eninwabuzelayo nezinyoni ezindizayo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 nani makhosi omhlaba nabantu bonke, nani zikhulu nabahluleli bonke bomhlaba,

12 nani zinsizwa nezintombi, nani maxhegu nabafana.

13 Mabadumise igama likaJehova, ngokuba ngelakhe igama lodwa eliphakeme; inkazimulo yakhe iphezu komhlaba nezulu.

14 Usephakamisile uphondo lwabantu bakhe; ngalokho bayamdumisa abangcwele bakhe, abantwana bakwa-Israyeli, abantu abaseduze naye. Haleluya!

## AmaHubo 149

### Dumisani uJehova

1 Haleluya! Hlabelelani kuJehova igama elisha, indumiso yakhe emhlanganweni wabangcwele.

2 U-Israyeli makathokoze ngowamEnzayo, abantwana baseSiyoni bethabele iNkosi yabo.

3 Mabadumise igama lakhe ngokusina, bamhubele ngesigubhu nehabhu.

4 Ngokuba uJehova uyathokoza ngabantu bakhe; abathobekileyo uyabahlobisa ngensindiso.

5 Abalungileyo mabethabe ngobukhosi,

6 Ukumphakamisa uNkulunkulu makube semlonyeni wabo, nenkemba esika nhlangothi zombili esandleni sabo,

7 ukuba benze impindiselo kubo abezizwe nezijeziso kubantu,

8 babophe amakhosi abo ngamaketanga nabadumileyo babo ngezibopho zensimbi,

9 bafeze phezu kwabo isahlulelo esilotshiweyo; kuludumo kubo bonke abangcwele bakhe. Haleluya!

## AmaHubo 150

### Udumiso lukaNkulunkulu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Haleluya! Dumisani uNkulunkulu endlini yakhe engcwele, nimdumise
emkhathini wakhe wamandla.

2 Mdumiseni ngenxa yezenzo zakhe zamandla, nimdumise ngenxa yobukhosi
bakhe obukhulu.

3 Mdumiseni ngezwi lecilongo, nimdumise ngogubhu nehabhu.

4 Mdumiseni ngesigubhu nokusina, nimdumise ngezingubhu ezinezintambo
eziyishumi nemitshingo.

5 Mdumiseni ngamasimbali ancencethayo, nimdumise ngezinsimbi
ezikhencezayo.

6 Konke okuphefumulayo makudumise uJehova. Haleluya!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# IzAga

## IzAga 1

### Umgomo wezaga

1 Nazi izaga zika Solomoni indodana kaDavide, inkosi yakwa-Israyeli,

2zokwazi ukuhlakanipha nokulaywa, nokwahlukanisa amazwi okuqonda,

3nokwamukela ukulaywa kube ngukuhlakanipha, nokulunga, nokwahlulela, neqiniso,

4nokunika abangenalwazi ukuhlakanipha, nezinsizwa ukwazi namasu,

5ukuze ohlakaniphileyo ezwe, aqhubeke ekufundeni, noqondileyo athole iziluleko ezinhle

6ukuba aqonde izaga nezimfihlakalo, namazwi abahlakaniphileyo nezimfumbe zabo.

7 Ukumesaba uJehova kungukuqala kokuhlakanipha; iziwula ziyadelela ukuhlakanipha nokulaywa.

8 Ndodana yami, yizwa ukulaya kukayihlo, ungawushiyi umthetho kanyoko,

9 ngokuba kuyakuba ngumqhele omuhle wekhanda lakho, nemigexo entanyeni yakho.

10 Ndodana yami, uma izoni zikuyenga, ungavumi.

11Uma zithi: Hamba nathi, siqamekele igazi, sibhacele ngeze ongenacala,

12sibagwinye besezwa njengendawo yabafileyo, besaphilile njengabehlela egodini;

13yonke impahla eyigugu siyakuyifumana, sigcwalise izindlu zethu ngempango;

14yenza inkatho yakho phakathi kwethu, sibe nesikhwama sinye sonke,

15ndodana yami, ungahambi nazo endleleni, unqande unyawo lwakho emikhondweni yazo,

16 ngokuba izinyawo zazo zigijimela ebubini, zishesha ukuchitha igazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Ngokuba inetha lenekelwe ize emehlweni azo zonke izinyoni.

18Kepha laba baqamekela elabo igazi, babhacela okwabo ukuphila.

19 Zinjalo izindlela zabo bonke abaphanga impango; iyasusa ukuphila komniniyo.

20Ukuhlakanipha kuyamemeza emigwaqweni, kuyezwakalisa izwi lakho ezigcawini;

21 emashashalazini emigwaqo kuyaduma; ngasezikhaleni zamasango omuzi kuyakhuluma amazwi akho okuthi:

22 Koze kube nini iziwula zithanda ubuwula, nezideleli zijabula ukudelela, neziwula zizonda ukwazi, na?

23Buyani ngokusola kwami; bhekani, ngiyakuthulula umoya wami phezu kwenu, nginazise amazwi ami.

24 Ngokuba ngibizile, nala nina; ngelula isandla sami, akubangakho onakayo;

25kepha nichithile konke ukululeka kwami, anivumanga ukusola kwami;

26 nami ngiyakuhleka ingozi yenu, ngiklolodele ukufika kwenikwesabayo,

27lapho kufika njengesivunguvungu lokho enikwesabayo, nengozi yenu iza njengesikhwishikhwishi, lapho nehlelwa ngukuhlupheka nosizi.

28 Khona bayakungibiza, kepha angiyikuphendula; bayakungifunisisa, kepha abayikungifumana

29ngenxa yokuba babezonda ukwazi, kabakhethanga ukwesaba uJehova,

30bengavumanga ukululeka kwami, bedelela konke ukusola kwami.

31 Ngalokho bayakudla izithelo zendlela yabo, basuthe ngamacebo abo.

32Ngokuba ukuhlehla kwabangenalwazi kuyakubabulala, nokunganaki kweziwula kuyakubabhubhisa.

33Kepha ongilalelayo uyakuhlala elondekile, agcineke, angabi naluvalo ngokubi.

**IzAga 2**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

### Isibusiso sokuhlakanipha

1Ndodana yami, uma wamukela amazwi ami, uzibekelele imiyalo yami,

2ukuze ubeke indlebe yakho ekuhlakanipheni, uthobisele ekuqondeni inhliziyo yakho,

3 yebo, uma ukhala ngengqondo, uzwakalisa izwi lakho ngokuqonda,

4uma ukufuna njengesiliva, ukuphenya njengamagugu afihliweyo,

5khona uyakuqonda ukumesaba uJehova, ufumane ukumazi uNkulunkulu.

6 Ngokuba uJehova uyanika ukuhlakanipha; emlonyeni wakhe kuphuma ukwazi nokuqonda.

7Uyabekela abaqotho isibusiso, uyihawu kwabahamba bengenacala,

8 egcina izindlela zokulunga, elondoloza imikhondo yabathembekileyo bakhe.

9Khona uyakuqonda ukulunga nokwahlulela, neqiniso, yebo, nezindlela zonke ezinhle.

10Ngokuba ukuhlakanipha kuyakungena enhliziyweni yakho, ukwazi kube mnandi emphefumulweni wakho.

11Amasu ayakukulinda, ukuqonda kukugcine,

12ukuze wophulwe endleleni yobubi nakubantu abakhuluma okuphambeneyo,

13abashiya imikhondo yobuqotho, ukuze bahambe ngezindlela zobumnyama;

14abathokoza ngokwenza okubi, bajabulele ukuphambana kobubi;

15abazindlela zabo ziyisigwegwe, nemikhondo yabo iphambene,

16 ukuba wophulwe kowesifazane ondindayo nakuye owezizwe onamazwi athophayo,

17oshiya umngane wobusha bakhe, akhohlwe isivumelwano sikaNkulunkulu wakhe,

18 ngokuba indlu yakhe ishonela ekufeni, nasezithunzini izindlela zakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[19]Bonke abangena kuye ababuyi, bangafinyeleli ezindleleni zokuphila.

[20]Kanjalo uyakuhamba ezindleleni zabahle, ugcine imikhondo yabalungileyo.

[21] Ngokuba abaqotho bayakuhlala ezweni, abapheleleyo basale kulo.

[22] Kepha ababi bayakunqunywa ezweni, nabambuluzayo bayakusishulwa kulo.

## IzAga 3

### Ukumethemba uJehova

[1] Ndodana yami, ungakhohlwa umthetho wami, kepha inhliziyo yakho mayigcine imiyalo yami,

[2]ngokuba iyakwenezela kuwe ubude bezinsuku, neminyaka yokuphila, nokuthula.

[3] Isihhe neqiniso makungakushiyi; kubophe entanyeni yakho, ukulobe esibhebheni senhliziyo yakho,

[4]ukuze uthole umusa nodumo oluhle emehlweni kaNkulunkulu nabantu.

[5] Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho, ungenciki kokwakho ukuqonda.

[6]Mazise yena ezindleleni zakho zonke, uyakuqondisa imikhondo yakho.

[7] Ungabi ngohlakaniphileyo emehlweni akho; mesabe uJehova, udede ebubini.

[8] Lokho kuyakuba yimpilo emzimbeni wakho nokuhlunyelelwa kwamathambo akho.

[9] Dumisa uJehova ngempahla yakho, nangolibo lwazo zonke izithelo zakho,

[10]izinqolobane zakho zigcwale ngobuningi, nezikhamo zakho zichichime ngewayini elisha.

[11] Ndodana yami, ungadeleli ukulaya kukaJehova, ungakhathazeki ngokusola kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngokuba uJehova uyamlaya amthandayo, njengoyise indodana
ayithandayo.

13Ubusisiwe umuntu othola ukuhlakanipha nomuntu ozuza ingqondo,

14 ngokuba inzuzo yakho inhle kunenzuzo yesiliva, nokutholakalayo kukho
kunegolide.

15 Kuyigugu kunamarubi, nakho konke ongakufisa akunakulinganiswa nakho.

16 Ubude bezinsuku busesandleni sakho sokunene, nakwesokhohlo kukhona
ingcebo nodumo.

17Izindlela zakho ziyizindlela zokumnandi; yonke imikhondo yakho
ingukuthula.

18 Kungumuthi wokuphila kwabakubambayo, nababambelela kukho
babusisiwe.

19 UJehova wasekela umhlaba ngokuhlakanipha; wamisa amazulu
ngokuqonda.

20Ngokwazi kwakhe izintwa zaqhekezwa, namafu aconsa amazolo.

21Ndodana yami, lokho makungasuki emehlweni akho, ugcine ukuhlakanipha
namasu,

22kube ngukuphila emphefumulweni wakho nomusa entanyeni yakho.

23Khona uyakuhamba indlela yakho ngokulondeka, ungaqhuzuli unyawo
lwakho.

24 Lapho ulala phansi, awuyikwesaba lutho; nanxa usulale phansi, ubuthongo
bakho buyakuba mnandi.

25 Ungethuswa luvalo oluzumayo nokuchithwa kwababi, lapho kufika,

26ngokuba uJehova uyakuba yithemba lakho, agcine unyawo lwakho ukuba
lungabhajwa.

27Ungagodleli abaninikho okuhle, lapho kusemandleni esandla sakho
ukukwenza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28 Ungasho kumakhelwane wakho ukuthi: Hamba, ubuye, ngiyakukunika kusasa, lapho kukhona kuwe.

29 Ungacebi okubi ngomakhelwane wakho, lapho ehlezi nawe elondekile.

30 Ungaphikisani namuntu ngeze, uma engakonanga ngalutho.

31 Ungabi namhawu ngomuntu oyisidlwangudlwangu, ungakhethi neyodwa yezindlela zakhe,

32 ngokuba ophambeneyo uyisinengiso kuJehova. kepha abaqotho bayisifuba sakhe.

33 Isiqalekiso sikaJehova sisendlini yababi, kepha uyabusisa ikhaya labalungileyo.

34 Izideleli uyazidelela, kepha abathobekileyo ubapha umusa.

35 Abahlakaniphileyo bayakudla ifa lodumo, kepha iziwula ziyakuphiwa ihlazo.

## IzAga 4

### Ukulaya kukayise

1 Zwanini, madodana ami, ukulaya kukayise, nilalele, ukuze nazi ukuqonda.

2 Ngokuba ngiyaninika izifundiso ezinhle; ningawushiyi umthetho wami.

3 Ngokuba ngangiyindodana kubaba, ethambileyo neyodwa emehlweni kamame.

4 Wangifundisa, wathi kimi: Inhliziyo yakho mayibambe amazwi ami; gcina imiyalo yami, uphile.

5 Zuza ukuhlakanipha, zuza ukuqonda; ungakhohlwa, ungachezuki emazwini omlomo wami;

6 ungakushiyi, kuyakukugcina; kuthande, kuyakukulondoloza.

7 Ukuqala kokuhlakanipha yilokhu: Zuza ukuhlakanipha; yebo, ngakho konke okutholileyo zuza ukuhlakanipha.

8 Kukhulise, kuyakukuphakamisa; kuyakukudumisa, lapho ukugona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Kuyakunika ikhanda lakho umgexo womusa, kunikeze kuwe umqhele wodumo.

10 Yizwa, ndodana yami, wamukele izwi lami; kuyakuthi iminyaka yokuphila kwakho ibe miningi.

11 Ngikufundisa ngendlela yokuhlakanipha; ngikuhola emikhondweni yobuqotho.

12 Ekuhambeni kwakho isinyathelo asiyikuvinjelwa, nasekugijimeni kwakho awuyikukhubeka.

13 Bambelela ekulayweni, ungakuyeki; kulonde, ngokuba kungukuphila kwakho.

14 Ungangeni emkhondweni wababi, ungahambi endleleni yabonakeleyo.

15 Yixwaye, ungadluli ngayo; chezuka kuyo, udlule.

16 Ngokuba abalali, uma bengenzanga okubi; ubuthongo buyasuswa, uma bengakhubekisanga muntu.

17 Ngokuba badla isinkwa sobubi, baphuza iwayini lobudlwangudlwangu.

18 Umkhondo wabalungileyo unjengokukhanya kokusa okuqhubeka ngokukhanya njalo kuze kube semini.

19 Indlela yababi injengobumnyama; abazi ukuthi bakhubeka ngani.

20 Ndodana yami, lalela amazwi ami, ubeke indlebe yakho kukho ukukhuluma kwami.

21 Makungachezuki emehlweni akho, ukugcine phakathi kwenhliziyo yakho,

22 ngokuba kungukuphila kwabakufumanayo nempilo yomzimba wonke wabo.

23 Phezu kwakho konke okugcinayo, gcina inhliziyo yakho, ngokuba kuyilapho kuvela khona ukuphila.

24 Susa kuwe ukuphambana komlomo, nezindebe eziyisigwegwe uzidedisele kude nawe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Amehlo akho mawabheke phambili, nezinkophe zakho maziqonde phambi kwakho.

26 Yenza umkhondo wonyawo lwakho ukuba ulingane, ziqine zonke izindlela zakho.

27 Ungaphambuki ngakwesokunene nangakwesokhohlo; chezukisa unyawo lwakho ebubini.

## IzAga 5

### Uthando olungcolileyo

1Ndodana yami, lalela ukuhlakanipha kwami, ubeke indlebe yakho ekuqondeni kwami

2ukuba ugcine amasu, nezindebe zakho zilonde ukwazi.

3 Ngokuba izindebe zowesifazane ondindayo ziconsa izinyosi; umlomo wakhe ubushelezi kunamafutha.

4Kepha ekugcineni umunyu njengomhlonyane, ubukhali njengenkemba enezinhlangothi ezimbili.

5 Izinyawo zakhe ziyehlela ekufeni; izinyathelo zakhe zibambelela endaweni yabafileyo.

6Akanaki umkhondo wokuphila; imikhondo yakhe iyaguquguquka, engazi.

7Ngalokho, madodana ami, ngizweni, ningachezuki emazwini omlomo wami.

8Dedisela kude naye indlela yakho, ungasondeli emnyango wendlu yakhe,

9funa unike abanye udumo lwakho, naye ononya iminyaka yakho,

10funa abezizwe basuthe ngamandla akho, umshikashika wakho ube sendlini yomfokazi,

11uze ububule ekugcineni, lapho umzimba wakho nenyama yakho kuqediwe,

12ngokuthi: Yeka ukuzonda kwami ukulaywa nokudelela kwenhliziyo yami ukusolwa!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Angilalelanga izwi labafundisi bami, angibekanga indlebe yami kubo
abangifundisayo.

14 Ngacishe ngaba sebubini bonke phakathi kwebandla nasemhlanganweni.

15Phuza amanzi emgodini wakho, amanzi agobhozayo emthonjeni wakho.

16Imithombo iyaphalala ngaphandle yini, nemifula yamanzi ezigcawini, na?

17Mayibe ngeyakho wena wedwa, ingabi ngeyabafokazi kanye nawe.

18 Mawubusiswe umthombo wakho, uthokoze ngomfazi wobusha bakho.

19Uyindluzelekazi ethandayo negogokazi elihle; amabele akhe mawakudelise
ngesikhathi sonke, weqiwe njalo luthando lwakhe.

20Ubuyakweqelwani ngowesifazane ondindayo, ndodana yami, ugone isifuba
somfokazi, na?

21 Ngokuba izindlela zomuntu ziphambi kwamehlo kaNkulunkulu; uyenza
yonke imikhondo yakhe ukuba ilingane.

22 Omubi uyakubanjwa ngububi bakhe, abhajwe ngezintambo zezono zakhe.

23Uyakufa yena ngokuswela ukulaywa, nangobuningi bobuwula bakhe
uyakuduka.

## IzAga 6

### Izindlela zobuwula

1 Ndodana yami, uma uyisibambiso somakhelwane wakho, uma uxhawulene
nomfokazi,

2ucushiwe ngamazwi omlomo wakho, ubanjiwe ngamazwi omlomo wakho,

3yenza lokhu phela, ndodana yami, uzophule, lokhu ungene esandleni
somakhelwane wakho: khothama phambi kwakhe, umncengisise.

4 Unganiki amehlo akho ubuthongo, nezinkophe zakho ukozela.

5Zophule njengensephe kumzingeli nanjengenyoni esandleni somthiyi
wezinyoni.

6 Yana entuthwaneni, vilandini, ubone izindlela zayo, uhlakaniphe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7yona ethi ingenamahluleli, nambonisi, nambusi,

8 ilungisa nokho ehlobo isinkwa sayo, ibuthe ngesikhathi sokuvuna ukudla kwayo.

9Uyakulala kuze kube nini, vilandini? Uyakuvuka nini ebuthongweni bakho na?

10 Ubuthongo obuncane, ukozela okuncane, ukusonga izandla kancane kuze kulalwe,

11 bese kuthi ubumpofu bakho bufike njengomhambuma, nokuswela kwakho njengomuntu wesihlangu.

12 Umuntu omubi, umuntu wokona, nguye ohamba nomlomo ophambeneyo,

13 oqwayiza amehlo, eshudula ngezinyawo zakhe, ekhomba ngeminwe.

14Ubuphoxo busenhliziyweni yakhe; uceba okubi ngesikhathi sonke; ususa ukuxabana.

15Ngalokho ingozi yakhe iyakufika ngokuzumayo; ngokuphazima kweso uyakwaphulwa, kungabikho ukuphiliswa.

16Kukhona izinto eziyisithupha azizondayo uJehova, yebo, eziyisikhombisa eziyizinengiso emphefumulweni wakhe:

17 amehlo azidlayo, nolimi lwamanga, nezandla ezichitha igazi elingenacala,

18nenhliziyo eceba imicabango emibi, nezinyawo ezishesha ukugijimela ebubini,

19nofakazi wamanga ophafuza inkohliso, obanga ukuxabana phakathi kwabazalwane.

### Izindlela zokuphinga

20 Ndodana yami, gcina umyalo kayihlo, ungawushiyi umthetho kanyoko.

21 Yibophe enhliziyweni yakho njalo, uyithekeleze entanyeni yakho.

22 Mayikuhole ekuhambeni kwakho, ikulondoloze ekulaleni kwakho, ikhulume kuwe ekuvukeni kwakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Ngokuba imiyalo iyisibani, nomthetho ungukukhanya, nokusola ngokulaya kuyindlela yokuphila,

24 ukuze ugcinwe kowesifazane omubi, nasekuthopheni kolimi lowesifazane ondindayo.

25Ungakhanuki ubuhle bakhe enhliziyweni yakho, angakubambi ngezinkophe zakhe.

26Ngokuba intengo yowesifazane oyisiphingi iyiqebelengwane lesinkwa, kepha umfazi womuntu uzingela umphefumulo onqabileyo.

27Umuntu angaphatha umlilo esifubeni sakhe, izingubo zakhe zingashi, na?

28Umuntu angahamba phezu kwamalahle avuthayo, izinyawo zakhe zingahanguki, na?

29Unjalo yena ongena kumkamakhelwane: akuyikuthiwa ongenacala noma yimuphi omthintileyo.

30Abamdeleli yini oyisela ukuthi uyeba ukuba azisuthise lapho elambile na?

31 Uma efunyanwa, uyakubuyisa kasikhombisa, anikeze yonke impahla yendlu yakhe.

32Ophinga nowesifazane akanakho ukuqonda; wenza lokho okuchitha umphefumulo wakhe.

33Uyakuthola imivimbo nehlazo, nenhlamba yakhe ayiyikwesulwa.

34Ngokuba isikhwele sendoda singukufutheka; ayiyikuyeka ngosuku lokuphindisela.

35Ayiyikunaka neze ihlawulo; ayaneliswa, noma uphana ngezipho eziningi.

**IzAga 7**

1Ndodana yami, gcina amazwi ami, uzibekelele imiyalo yami.

2Gcina imiyalo yami, uphile, nomthetho wami njengenhlamvu yeso lakho.

3 Yibophe eminweni yakho, uyilobe esibhebheni senhliziyo yakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Yisho kukho ukuhlakanipha: Ungudadewethu, ubize ukuqonda ngokuthi owazana nawe,

5 ukuze bakugcine kowesifazane ondindayo, kumfokazi owenza bushelezi amazwi akhe.

6Ngokuba efasiteleni lendlu yami ngalunguza eheleni lami,

7ngabheka phakathi kwabangenalwazi, ngabona phakathi kwabasha insizwa engenakuqonda,

8edlula esitaladini eduze negumbi lakhe. iya endleleni yendlu yakhe,

9 sekuhwelela kusihlwa, esigayegayeni sobusuku nobumnyama.

10Bheka, isihlangabezwa ngowesifazane; izingubo zakhe zingezesifebe, enobuqili enhliziyweni.

11 Uyanyakaza engenakuthula; izinyawo zakhe azihlali endlini yakhe;

12manje usemigwaqweni, nangu usezigcawini, uqamekela emagumbini onke.

13Useyayibamba, uyayanga; uthwala amehlo, uthi kuyo:

14 Imihlatshelo yeminikelo yokuthula yayingifanele; namuhla sengigcwalisile izithembiso zami.

15Ngalokho ngiphumile ukukuhlangabeza ukuba ngifunisise ubuso bakho; sengikutholile.

16Ngendlele umbhede wami ngezindwangu zokumboza, nelineni elinemishwe laseGibithe.

17Ngifafazile umbhede wami ngemure, nangomhlaba, nangokinamona.

18Woza sizanelise ngothando kuze kuse, sijabule ngokuthandana.

19Ngokuba indoda yami ayikho ekhaya; ihambile uhambo olude;

20yaphatha isikhwama semali ngesandla sayo; iyakubuyela ekhaya ngosuku lokuhlangana kwenyanga.

21Uyamphambukisa ngamazwi akhe amaningi amahle; ngokuthopha kwezindebe zakhe uyamyenga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[22]Uyamlandela masinyane njengenkabi iya ekuhlatshweni nanjengamaketanga ehlela isiboshwa esiyisiwula,

[23] umcibisholo uze uhlabe isibindi sakhe njengenyoni isheshela ogibeni, ingazi ukuthi lubekelwe ukuphila kwayo.

[24]Ngalokho, bantwana, ngizweni, nilalele amazwi omlomo wami.

[25]Inhliziyo yakho mayingaphambukeli ezindleleni zakhe, ungahambi emikhondweni yakhe.

[26]Ngokuba uwisile phansi abaningi abalimeleyo; ababuleweyo bakhe bayisixuku esikhulu.

[27] Indlu yakhe iyindlela eya endawemi yabafileyo, yehlela emakamelweni okufa.

## IzAga 8

### Ukumemeza kokuhlakanipha

[1]Ukuhlakanipha akumemezi yini, nokuqonda akukhiphi izwi lakho na?

[2]Kumi esiqongweni sezindawo eziphakemeyo, ngasendleleni phakathi kwemikhondo.

[3]Ngaseceleni kwamasango, ngasekungeneni komuzi, lapho kungenwa ngeminyango, kuyamemeza ngokuthi:

[4] Ngiyanibiza nina madoda; izwi lami likumadodana abantu.

[5]Qondani ukuhlakanipha nina eningenalwazi; nani ziwula, manibe nenhliziyo eqondileyo.

[6]Zwanini, ngokuba ngiyakulanda okukhulu; ukukhamisa kwezindebe zami kuyakuba ngokulungileyo.

[7]Ngokuba umlomo wami uyakukhuluma iqiniso; ububi buyisinengiso ezindebeni zami.

[8] Onke amazwi omlomo wami asekulungeni; akukho okuyisigwegwe nokuphambeneyo kuwo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Aqondile onke koqondayo; alungile kothola ukwazi.

10 Yamukelani ukufundisa kwami kunesiliva, nokwazi kunegolide elikhethekileyo.

11Ngokuba ukuhlakanipha kuhle kunamarubi, nakho konke okungafiswa akunakulinganiswa nakho.

12Mina kuhlakanipha ngakhile ekuqondeni, ngithola ukwazi namasu.

13Ukumesaba uJehova kungukuzonda okubi; ukuzidla, nokuzikhukhumeza, nendlela embi, nomlomo wobuphoxo, ngiyakuzonda.

14Kimina kukhona ukululeka nempumelelo; ngingukuqonda, nginamandla.

15Amakhosi abusa ngami, nababusi bamisa ukulunga.

16Izikhulu zibusa ngami, namakhosana, bonke abahlululeli bomhlaba.

17Ngiyathanda abangithandayo; abangifunayo bayakungifumana.

18 Ingcebo nodumo kukimi, ukunotha okumiyo nokulunga.

19Isithelo sami sihle kunegolide, kunegolide elicwengekileyo, nenzuzo yami kunesiliva elikhethekileyo.

20Ngiyahamba endleleni yokulunga, phakathi kwemikhondo yokwahlulela,

21ukuze ngenze abangithandayo badle ifa lemfuyo, ngigcwalise izindlu zabo zengcebo.

22 UJehova wangidala ngingukuqala kwendlela yakhe ngaphambi kwemisebenzi yamandulo.

23Ngamiswa kwaphakade kwasekuqaleni, umhlaba ungakabikho.

24Lungakabikho utwa ngazalwa, ingakabikho imithombo egcwele amanzi.

25Zingakasekelwa izintaba, namagquma engakabikho, ngazalwa,

26engakawenzi umhlaba namasimu, nokuqala kothuli lwezwe.

27Ekulungiseni kwakhe izulu ngangikhona, nasekudwebeni kwakhe umkhathi ebusweni botwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28Lapho enza ukuba isibhakabhaka phezulu siqine, nemithombo yotwa iphuphume ngamandla,

29 lapho emisela ulwandle umncele, ukuze amanzi angeqi izwi lakhe, nalapho emisa izisekelo zomhlaba,

30khona nganginaye ngiyingcweti yomsebenzi, ngiyintokozo yakhe imihla ngemihla, ngijabula phambi kwakhe isikhathi sonke,

31ngijabula ezweni lomhlaba wakhe, intokozo yami ikanye namadodana abantu.

32 Ngalokho, bantwana, ngizweni, ngokuba babusisiwe abagcina izindlela zami.

33Yizwani ukulaya, nihlakaniphe, ningakwenqabi.

34Ubusisiwe umuntu ongizwayo, elinda imihla ngemihla ngasemasangweni ami, ehlala ngasezinsikeni zeminyango yami.

35 Ngokuba ongifumanayo, ufumana ukuphila, azuze umusa kuJehova.

36Ongangifumani uyona umphefumulo wakhe; bonke abangizondayo bathanda ukufa.

## IzAga 9

### Ukuhlakanipha nobuwula

1Ukuhlakanipha kwakhile indlu yakho; kuzibazile izinsika zakho eziyisikhombisa.

2Kuhlabile umhlatshelo, kuvubele iwayini lakho; futhi kulungisile itafula lakho.

3Kuthumile izintombi zakho, kuyamema emagqumeni aphakemeyo omuzi, kuthi:

4 Ongenalwazi makaphambukele lapha, kongenangqondo kuthi:

5 Wozani nidle isinkwa sami, niliphuze iwayini engilivubeleyo.

6Yekani ubuwula, niphile, nihambe ngendlela yokuqonda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Osola isideleli uzithathela inhlamba; othethisa omubi uzitholela isisihla.

8 Ungathethisi isideleli, funa sikuzonde; thethisa isihlakaniphi, siyakukuthanda.

9 Siphe isihlakaniphi, siyakwanda ngokuhlakanipha; fundisa olungileyo, uyakwenezela emfundweni.

10 Ukuqala kokuhlakanipha kungukumesaba uJehova, nokumazi oNgcwele kungukuqonda.

11 Ngokuba ngami izinsuku zakho ziyakuba ziningi, neminyaka yokuphila kwakho iyakwenezelwa kuwe.

12 Uma uhlakaniphile, uzihlakaniphele; uma udelela, uyakukuthwala wena wedwa.

13 Ubuwula bungowesifazane oyisithutha onomsindo, ongazi lutho.

14 Uhlezi ngasemnyango wendlu yakhe esihlalweni ezindaweni eziphakemeyo zomuzi

15 ukuba ameme abadlula endleleni, abaqonda emikhondweni yabo, ngokuthi:

16 Ongenalwazi makaphambukele lapha, kongenangqondo uthi:

17 Amanzi ebiweyo amnandi, nesinkwa sentukuso singesenamisayo.

18 Kepha akazi ukuthi kuyizithunzi ezilapho nokuthi izimenywa zakhe zisezigodini zendawo yabafileyo.

## IzAga 10

### Indlela yokulunga nendlela yobubi

1 Nazi izaga zikaSolomoni: Indodana ehlakaniphileyo ithokozisa uyise, kepha indodana eyisiwula ilusizi kunina.

2 Ingcebo yobubi ayisizi lutho, kepha ukulunga kophula ekufeni.

3 UJehova akavumi ukuba olungileyo alambe, kepha isifiso somubi uyasihlohloloza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Isandla esinobudenge siveza ubumpofu, kepha isandla sokukhuthala siyacebisa.

5 Obutha ehlobo uyindodana ehlakaniphileyo; olele ubuthongo ngesikhathi sokuvuna uyindodana ehlazisayo.

6 Izibusiso zisekhanda lolungileyo, kepha umlomo wababi uyafihla ubudlwangudlwangu.

7 Ukukhunjulwa kolungileyo kubusisekile, kepha igama lababi liyabola.

8 Ohlakaniphile ngenhliziyo uyakwamukela imiyalo, kepha isiwula esiphoshozayo siyakuwiswa.

9 Ohamba ngobuqotho uhamba ngokulondeka, kepha ohlanekezela izindlela zakhe uyakwaziwa.

10 Oqwayiza iso ubanga usizi, kepha osola ubuso nobuso uveza ukuthula.

11 Umlomo wolungileyo ungumthombo wokuphila, kepha umlomo wababi ufihla ubudlwangudlwangu.

12 Inzondo iyabanga ukuxabana, kepha uthando luyasibekela iziphambeko zonke.

13 Ezindebeni zoqondileyo kufunyanwa ukuhlakanipha, kepha uswazi lungolomhlane wongenangqondo.

14 Abahlakaniphileyo bayabekelela ukwazi, kepha umlomo wesiwula uyincithakalo eseduze.

15 Imfuyo yesicebi ingumuzi waso onamandla; incithakalo yabampofu ingububumpofu babo.

16 Umsebenzi wolungileyo ungowokuphila; inzuzo yababi ingeyokona.

17 Onaka ukulaywa usendleleni yokuphila, kepha owenqaba ukusolwa uyaduka.

18 Ofihla inzondo unezindebe zamanga; ophumisa inhlebo uyisiwula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Lapho amazwi emaningi khona, akuphuthi ukuphambeka; obamba umlomo wakhe uhlakaniphile.

20Ulimi lolungileyo luyisiliva elikhethekileyo; ingqondo yababi iyinto encane.

21Izindebe zolungileyo ziyondla abaningi, kepha iziwula ziyafa ngokuswela ingqondo.

22 Isibusiso sikaJehova siyacebisa; akenezeli usizi kuso.

23 Ukwenza okubi kunjengokudlala kuso isiwula; kunjalo ukuhlakanipha kumuntu onengqondo.

24Akwesabayo omubi kuyamehlela, nabakufisayo abalungileyo bayakuphiwa.

25 Lapho sidlula isivunguvungu, akasekho omubi, kepha olungileyo uyisisekelo esingunaphakade.

26Njengoviniga emazinyweni nomusi emehlweni, linjalo ivila kwabalithumileyo.

27 Ukumesaba uJehova kuyandisa izinsuku, kepha iminyaka yababi iyancishiswa.

28 Ithemba labalungileyo liyakuba yintokozo, kepha abakwethembayo ababi kuyakubhubha.

29Indlela kaJehova iyinqaba kopheleleyo, kepha incithakalo ikubenzi bokona.

30 Olungileyo akayikunyakaziswa kuze kube phakade, kepha ababi abayikuhlala ezweni.

31 Umlomo wolungileyo uyathela ukuhlakanipha, kepha ulimi oluphambeneyo luyakunqunywa.

32Izindebe zolungileyo ziyakwazi okuhle, kepha umlomo wababi okuphambeneyo.

## IzAga 11

1 Isilinganiso esikhohlisayo siyisinengiso kuJehova, kepha isisindo esiyiso siyintokozo yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Lapho kufika ukuziqhenya, kufika nehlazo; kepha kwabathobekileyo kukhona ukuhlakanipha.

3Ukuphelela kwabaqotho kuyabahola, kepha ukuphambanisa kwabambuluzayo kuyabachitha.

4 Ingcebo ayisizi ngosuku lolaka, kepha ukulunga kophula ekufeni.

5Ukulunga kopheleleyo kuqondisa indlela yakhe, kepha omubi uyakuwa ngobubi bakhe.

6 Ukulunga kwabaqotho kuyabophula, kepha abambuluzayo babanjwa ezifisweni zabo.

7 Akwethembayo umuntu omubi kuyaphela ekufeni kwakhe, nethemba lobubi liyabhubha.

8 Olungileyo uyakhululwa osizini, kepha omubi ungena esikhundleni sakhe.

9Ngomlomo umuntu ongenaNkulunkulu ubulala umakhelwane wakhe, kepha abalungileyo bayakhululwa ngokwazi.

10 Nxa abalungileyo behlezi kahle, umuzi uyathokoza; lapho bebhubha, kukhona ukwenanela.

11Ngesibusiso sabaqotho umuzi uyaphakanyiswa, kepha ngomlomo wababi uyachithwa.

12Odelela umakhelwane wakhe akanakuhlakanipha, kepha umuntu onengqondo uyazithulela.

13 Ohamba encetheza uyambula izimfihlakalo, kepha othembekile emoyeni uyayisibekela indaba.

14 Lapho kungekho iziluleko, abantu bayawa, kepha lapho kukhona abeluleki abaningi, lapho kukhona ukuphumelela.

15 Uyahlupheka nokuhlupheka omela umfokazi, kepha ozonda ukunika isibambiso ulondekile.

16Owesifazane onomusa uzuza udumo, nezidlwangudlwangu zizuza ingcebo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Umuntu onesihawu wenzela okuhle umphefumulo wakhe, kepha ononya uhlupha inyama yakhe.

18 Omubi uthola inzuzo yenkohliso, kepha ohlwanyela ukulunga unomvuzo oqinisekileyo.

19Oqinile ekulungeni uyakuphila, kepha olandela okubi, kuyakuba ngukufa kwakhe.

20 Abanhliziyo ephambeneyo bayisinengiso kuJehova, kepha abapheleleyo endleleni yabo bayintokozo kuye.

21 Impela omubi akayekwa, kepha inzalo yabalungileyo iyakhululwa.

22Njengendandatho yegolide empumulweni yengulube, unjalo owesifazane omuhle ongenangqondo.

23 Isifiso sabalungileyo singokuhle kuphela; ithemba lababi lilulaka.

24 Ukhona ohlakazayo; nokho uyenezelwa kakhulu; kepha ogodla kunokufaneleyo ubangelwa ukuswela kuphela.

25Umphefumulo ophanayo uyakukhuluphaliswa; ophuzisayo uyakuphuziswa naye.

26Ogodla amabele, abantu bayamqalekisa, kepha isibusiso siyakuba sekhanda lothengisa ngawo.

27Ofuna okuhle ufuna okwamukelekayo, kepha ofuna okubi, kuyakumehlela.

28 Owethemba ingcebo yakhe uyakuwa, kepha abalungileyo bayakuhluma njengamaqabunga aluhlaza.

29Okhathaza indlu yakhe uyakudla ifa lomoya, nesiwula siyakuba yinceku yonenhliziyo ehlakaniphileyo.

30 Isithelo solungileyo singumuthi wokuphila, nohlakaniphileyo uyazuza imiphefumulo.

31 Bheka, olungileyo uyavuzwa emhlabeni; kakhulu kangakanani omubi nesoni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

**IzAga 12**

1 Othanda ukulaywa uthanda ukwazi; ozonda ukusolwa uyisiwula.

2Omuhle uthola umusa kuJehova, kepha umuntu wamacebo uyamlahla.

3Umuntu akanakuma ngobubi, kepha impande yabalungileyo ayiyikunyakaziswa.

4 Owesifazane okhutheleyo ungumqhele kuyo indoda yakhe, kepha ohlazisayo unjengokubola kwamathambo ayo.

5Imicabango yabalungileyo ingeyokwahlulela, kepha iziluleko zababi ziyinkohliso.

6Amazwi ababi aqamekela igazi, kepha umlomo wabaqotho uyabophula.

7 Ababi bayachithwa, bangabikho, kepha indlu yabalungileyo iyakuma.

8Umuntu uyadunyiswa ngokokuhlakanipha kwakhe, kepha ophambene ngenhliziyo uyadelelwa.

9Odelelwayo eyinceku udlula ozidumisayo eswele ukudla.

10Olungileyo uyakunaka ukuphila kwesilwane sakhe, kepha isihhe sababi silunya.

11 Olima insimu yakhe uyakusutha ngokudla, kepha olandela amayiyane akanangqondo.

12Ishinga lifisa impango yababi, kepha impande yabalungileyo iyathela.

13 Ngokuphambeka kwezindebe kukhona ugibe lomubi, kepha olungileyo uyaphuma ekuhluphekeni.

14 Umuntu uyasutha ngokuhle ngesithelo somlomo wakhe, nemisebenzi yezandla zomuntu iyabuyela kuye.

15Indlela yesiwula ilungile emehlweni aso, kepha ohlakaniphileyo ulalela iziluleko.

16Ukukhathazeka kwesiwula kuyaziwa ngosuku, kepha oqondileyo uyasibekela ihlazo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Ophefumula iqiniso ulanda ngokulunga, kepha ufakazi wamanga ngenkohliso.

18 Bakhona abaphahluka njengokuhlaba kwenkemba, kepha izilimi zabahlakaniphileyo ziyimpiliso.

19 Indebe yeqiniso iyakuma kuze kube phakade, kepha ulimi lwamanga lungolomzuzwana nje.

20 Inkohliso isezinhliziyweni zabaceba okubi, kepha abaluleka ukuthula, kubona kukhona intokozo.

21 Olungileyo akayikwehlelwa nangokukodwa okubi, kepha ababi bayakugcwala ububi.

22 Izindebe zamanga ziyisinengiso kuJehova, kepha abenza iqiniso bayintokozo yakhe.

23 Umuntu oqondileyo uyafihla ukwazi, kepha izinhliziyo zeziwula zimemeza ubuwula.

24 Isandla sabakhutheleyo siyakubusa, kepha izidenge ziyakuphoqelwa umsebenzi.

25 Ukukhathazeka enhliziyweni yomuntu kuyayithobisa, kepha izwi elihle liyayithokozisa.

26 Olungileyo ungumholi womakhelwane wakhe, kepha indlela yababi iyabadukisa.

27 Isidenge asiyosi inyamazane yaso, kepha imfuyo enqabileyo ingeyokhutheleyo.

28 Endleleni yokulunga kukhona ukuphila, nalapho umkhondo wakho udlula khona, akukho ukufa.

## IzAga 13

1 Indodana ehlakaniphileyo iyalaywa nguyise, kepha isideleli asilaleli ukukhuzwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Umuntu uyadla okuhle ngesithelo somlomo wakhe, kepha umphefumulo wabambuluzayo uyadla ubudlwangudlwangu.

3 Olinda umlomo wakhe ugcina ukuphila kwakhe; okhamisa izindebe zakhe uyakuba nencithakalo.

4 Umphefumulo wevila uyafisa, ungatholi lutho, kepha imiphefumulo yabakhutheleyo iyakhuluphaliswa.

5 Olungileyo uyazonda amazwi amanga, kepha omubi ubanga amahloni, ahlazise.

6 Ukulunga kuyamlondoloza ondlela yakhe iphelele, kepha ububi buyachitha isoni.

7 Kukhona ozishaya ocebileyo, engenalutho kodwa; kukhona ozishaya ompofu, enemfuyo enkulu.

8 Ihlawulo lokuphila komuntu liyingcebo yakhe, kepha ompofu akezwa ukukhuzwa.

9 Ukukhanya kwabalungileyo kuyathokoza, kepha izibani zababi ziyacimeka.

10 Ngokuziqhenya kuvela ukuxabana kuphela, kepha kwabalulekwayo kukhona ukuhlakanipha.

11 Imfuyo etholakala kalula iyancipha, kepha obutha kancane kancane uyandiselwa.

12 Ithemba elilitshazisiweyo ligulisa inhliziyo; isifiso esigcwalisiweyo singumuthi wokuphila.

13 Odelela izwi uzehlisela ukubhujiswa, kepha owesaba imiyalo uyakuvuzwa.

14 Ukufundisa kohlakaniphileyo kungumthombo wokuphila, ukuze kudedwe ezihibeni zokufa.

15 Ukuqonda kahle kuveza umusa, kepha indlela yabambuluzayo ilukhuni.

16 Bonke abaqondileyo basebenza ngokwazi, kepha isiwula sihlakaza ubuwula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Isithunywa esibi siwela ebubini, kepha isigijimi esithembekileyo siyimpiliso.

18 Ubumpofu nehlazo kukuye onqaba ukulaywa, kepha onaka ukusolwa uyadunyiswa.

19Isifiso esigcwalisiweyo simnandi emphefumulweni, kepha ukudeda ebubini kuyisinengiso kuzo iziwula.

20 Ohamba nabahlakaniphileyo uyakuhlakanipha, kepha umngane weziwula uyakushoshozelwa yizo.

21Ububi bulandela izoni, kepha abalungileyo bavuzwa ngokuhle.

22 Olungileyo ushiyela abantwana babantwana bakhe ifa, kepha ingcebo yesoni ibekelelwa olungileyo.

23Emqathweni wabampofu kukhona ukudla okuningi, kepha kukhona okuchithwa ngenxa yokungalungi.

24 Oyeka uswazi uyazonda indodana yakhe, kepha oyithandayo uyayilaya ngesineke.

25 Olungileyo uyadla uze usuthe umphefumulo wakhe, kepha isisu sababi siyaswela.

## IzAga 14

1 Owesifazane ohlakaniphileyo uyakha indlu yakhe, kepha oyisiwula uyayidiliza ngezandla zakhe.

2Ohamba ngobuqotho uyamesaba uJehova, kepha ophambanisa izindlela zakhe uyamdelela.

3Emlonyeni wesiwula kukhona induku yokuziqhenya kwaso, kepha izindebe zabahlakaniphileyo ziyabalondoloza.

4Lapho kungekho khona izinkomo, umkhombe awunalutho, kepha inzuzo inkulu ngamandla ezinkabi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Ufakazi oqinisileyo akaqambi amanga, kepha ufakazi ongaqinisile uyaphafuza amanga.

6 Isideleli siyafuna ukuhlakanipha singakutholi, kepha ukwazi kulula koqondayo.

7 Suka phambi komuntu oyisiwula, ngokuba lapho awuboni izindebe zokwazi.

8 Ukuhlakanipha koqondileyo kungukuqonda indlela yakhe, kepha ubuwula beziwula buyinkohliso.

9 Iziwula ziyadelela umnikelo wecala, kepha phakathi kwabaqotho wamukelekile.

10 Inhliziyo iyazi ubumunyu bayo; umfokazi akahlanganyeli intokozo yayo.

11 Indlu yababi iyachithwa, kepha itende labaqotho liyahluma.

12 Kukhona indlela ebonakala sengathi ilungile kumuntu, kepha ukuphela kwayo kuyindlela yokufa.

13 Nasekuhlekeni inhliziyo inobuhlungu, nokuphela kwentokozo kulusizi.

14 Ohlehla ngenhliziyo uyasutha ngezindlela zakhe, nomuntu omuhle ngemisebenzi yakhe.

15 Ongenalwazi uyakholwa ngamazwi onke, kepha oqondileyo uyaqaphela ukunyathela kwakhe.

16 Ohlakaniphileyo uyesaba, udeda ebubini, kepha isiwula siyaqhosha, singanaki lutho.

17 Isififane siyenza ubuwula, kepha umuntu wamasu unokuthula.

18 Abangenalwazi badla ifa lobuwula, kepha abaqondileyo baqheliswa ngokwazi.

19 Ababi bakhothama phambi kwabalungileyo, namashinga ngasemasangweni abalungileyo.

20 Ompofu uyazondwa nangumakhelwane wakhe, kepha ocebileyo unabaningi abamthandayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Odelela umakhelwane wakhe uyona, kepha onomusa kwabampofu ubusisiwe.

22 Angithi bayaduka abaceba okubi na? Umusa neqiniso kuyakuba ngokwabaqamba okuhle.

23 Wonke umshikashika unenzuzo, kepha amazwi omlomo abanga ukuswela kuphela.

24 Umqhele wabahlakaniphileyo uyingcebo yabo, umgexo weziwula ungubuwula.

25 Ufakazi oqinisileyo uyophula imiphefumulo, kepha ophafuza amanga unenkohliso.

26 Ekumesabeni uJehova kukhona ithemba elinamandla; abantwana bakhe bayakuba nesiphephelo.

27 Ukumesaba uJehova kungumthombo wokuphila, ukuze kudedwe ezingibeni zokufa.

28 Udumo lwenkosi lungobuningi babantu, kepha ukuswela abantu kungukuchithwa kwesikhulu.

29 Owephuza ukuthukuthela unokuqonda okuningi, kepha isififane siyaphakamisa ubuwula.

30 Inhliziyo ezolileyo ingukuphila kwenyama, kepha umhawu ungukubola kwamathambo.

31 Ocindezela ompofu usola uMenzi wakhe, kepha onomusa koswelayo uyamdumisa.

32 Omubi uwiswa phansi ngobubi bakhe, kepha olungileyo unethemba ekufeni kwakhe.

33 Ukuhlakanipha kuhlezi enhliziyweni yonokuqonda, kepha phakathi kweziwula akwaziwa.

34 Ukulunga kuyaphakamisa isizwe, kepha ukona kuyihlazo kubantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35Isisa senkosi sikuyo inceku enokuqonda, kepha intukuthelo yayo iyakuba kwehlazisayo.

## IzAga 15

1 Impendulo ethambileyo iyabuyisa ukufutheka, kepha izwi elilukhuni livusa ulaka.

2 Ulimi lwabahlakaniphileyo luveza kahle ukwazi, kepha umlomo weziwula uphafuza ubuwula.

3 Amehlo kaJehova asezindaweni zonke; aqaphela ababi nabahle.

4Ulimi oluthulayo lungumuthi wokuphila, kepha ukuphambanisa kwalo kungukuchotshozwa komoya.

5 Isiwula siyadelela ukulaya kukayise, kepha onaka ukusolwa uyathola ukuqonda.

6 Endlini yolungileyo kukhona ingcebo eningi, kepha enzuzweni yababi kukhona ukuhlupheka.

7Izindebe zabahlakaniphileyo ziyasakaza ukwazi, kepha izinhliziyo zeziwula azinjalo.

8 Umhlatshelo wababi uyisinengiso kuJehova, kepha umkhuleko wabaqotho uyintokozo yakhe.

9 Indlela yababi iyisinengiso kuJehova, kepha uyamthanda olandela ukulunga.

10Ukulaywa kukhulu koyishiya indlela; ozonda ukusolwa uyakufa.

11 Indawo yabafileyo nokubhubha kuphambi kukaJehova; kakhulu kangakanani izinhliziyo zabantwana babantu.

12 Isideleli asithandi ukusolwa; asiyi kwabahlakaniphileyo.

13 Inhliziyo ethokozayo yenza ubuso bube buhle, kepha ngosizi lwenhliziyo uyachotshozwa umoya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Inhliziyo yoqondileyo iyafuna ukwazi, kepha umlomo weziwula uyadla
ubuwula.

15Zonke izinsuku zohluphekayo zimbi, kepha onhliziyo yakhe yenamile
unedili njalo.

16 Okuncane kanye nokumesaba uJehova kungcono kunengcebo eningi kanye
nokukhathazeka.

17 Isidlo semifino lapho kukhona uthando singcono kunenkabi
ekhuluphalisiweyo kanye nenzondo.

18 Umuntu ofuthayo uyavusa ukuxabana, kepha owephuza ukuthukuthela
uthulisa ingxabano.

19Indlela yevila injengothango lobobe, kepha umkhondo wabakhutheleyo
ungumendo.

20 Indodana ehlakaniphileyo iyajabulisa uyise, kepha umuntu oyisiwula
uyadelela unina.

21 Ubuwula buyintokozo kongenangqondo, kepha umuntu oqondileyo
uyaqondisa ukuhamba kwakhe.

22 Lapho kungekho khona ukululekana, amasu ayachitheka, kepha
ngobuningi babeluleki ayakuma.

23 Umuntu uyathokoza ngokuphendula komlomo wakhe, nezwi ngesikhathi
salo lihle kangakanani!

24Kohlakaniphileyo indlela yokuphila iya phezulu ukuba adede endaweni
yabafileyo phansi.

25 Indlu yabaziqhenyayo uJehova uyayisiphula, kepha uyamisa umkhawulo
womfelokazi.

26Amacebo amabi ayisinengiso kuJehova, kepha amazwi acwebileyo
ayamenamisa.

27 Ohahela inzuzo uhlupha indlu yakhe, kepha ozonda imivuzo uyakuphila.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28Inhliziyo yolungileyo iyacabanga ukuphendula, kepha imilomo yababi iyaphafuza izinto ezimbi.

29 UJehova ukude nababi, kepha uyezwa imikhuleko yabalungileyo.

30Ukukhanya kwamehlo kuyathokozisa inhliziyo, nezindaba ezinhle ziyanonisa amathambo.

31Indlebe elalela ukusola kokuphila iyakuhlala phakathi kwabahlakaniphileyo.

32 Onqaba ukulaywa udelela umphefumulo wakhe, kepha olalela ukusolwa uzuza ingqondo.

33 Ukumesaba uJehova kungukulaywa kokuhlakanipha; ukuthobeka kuyandulela udumo.

## IzAga 16

1 Umuntu unamasu enhliziyweni, kepha impendulo yolimi ivela kuJehova.

2 Zonke izindlela zomuntu zimhlophe emehlweni akhe, kepha uJehova uyalinganisa imimoya.

3 Gingqela kuJehova imisebenzi yakho, ukuze kuqiniswe amasu akho.

4UJehova wenzile konke kube nomgomo wakho; yebo, nomubi umenzele usuku olubi.

5 Bonke abazidlayo ngenhliziyo bayisinengiso kuJehova; impela abayikuyekwa.

6Ngomusa neqiniso ukona kuyahlangulwa, nangokumesaba uJehova kudedwa ebubini.

7Lapho izindlela zomuntu zimthokozisa uJehova, uzenza nezitha zakhe ukuba zihlalisane kahle naye.

8 Okuncane kanye nokulunga kungcono kunenzuzo enkulu kanye nokungalungi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Inhliziyo yomuntu iceba indlela, kepha uJehova uyaqondisa izinyathelo zakhe.

10 Izimpendulo zikaNkulunkulu zisezindebeni zenkosi; umlomo wayo awuyikuphambuka ekwahluleleni.

11 Ukulinganisa nesilinganiso esilungileyo kungokukaJehova; zonke izisindo zasesikhwameni zingumsebenzi wakhe.

12 Ukwenza okubi kuyisinengiso emakhosini, ngokuba isihlalo sobukhosi simiswa ngokulunga.

13 Izindebe ezilungileyo ziyintokozo yamakhosi; amazwi abaqotho ayawathanda.

14 Intukuthelo yenkosi injengezithunywa zokufa, kepha umuntu ohlakaniphileyo uyayidambisa.

15 Ekukhanyeni kobuso benkosi kukhona ukuphila, nesisa sayo sinjengefu lemvula yamuva.

16 Kungcono kangakanani ukuzuza ukuhlakanipha kunegolide; yebo, ukuzuza ukuqonda nga kukhethwa kunesiliva.

17 Umendo wabaqotho ungukudeda ebubini; oqaphela indlela yakhe ulondoloza umphefumulo wakhe.

18 Ukuzidla kuyandulela ukubhujiswa, nomoya oziqhenyayo wandulela ukuwa.

19 Kungcono ukuba nomoya othobekileyo kanye nabathobekileyo, kunokwabelana impango nabazidlayo.

20 Onakekela izwi uyakufumana okuhle, nowethembayo kuJehova ubusisiwe.

21 Ohlakaniphile ngenhliziyo uyakubizwa ngokuthi oqondileyo, nobumnandi bezindebe buyandisa imfundiso.

22 Ukuqonda kungumthombo wokuphila konakho, kepha ubuwula bungukulaywa kweziwula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Inhliziyo yohlakaniphileyo iyafundisa umlomo wakhe, yenezele imfundiso ezindebeni zakhe.

24Amazwi amahle anjengamakhekheba oju; amnandi emphefumulweni, ayimpiliso emathanjeni.

25 Kukhona indlela eqondile phambi komuntu, kepha ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa.

26Iphango lesisebenzi liyasisebenzela, ngokuba umlomo waso uyasiqhuba.

27 Umuntu omubi uphanda okubi, nasezindebeni zakhe kunjengomlilo ohlangulayo.

28 Umuntu ophambeneyo usakaza ukuxabana, nomncethezi wahlukanisa abahlobo.

29 Umuntu oyisidlwangudlwangu uyenga umakhelwane wakhe, amhambise endleleni engenhle.

30 Ocimeza amehlo akhe uceba okuphambanisayo, noluma izindebe zakhe ufeza okubi.

31 Ubumpunga bungumqhele wodumo; bufumaniswa endleleni yokulunga.

32 Owephuza ukuthukuthela muhle kuneqhawe, nobusa umoya wakhe kunonqoba umuzi.

33Inkatho yenzelwa emathangeni, kepha ukwahlulela kwayo kungokukaJehova.

## IzAga 17

1 Umthamo owomileyo kanye nokuthula ungcono kunendlu egcwele okuhlatshiweyo kanye nokuxabana.

2Inceku eqondileyo iyabusa phezu kwendodana ehlazisayo; iyakudla ifa phakathi kwezelamani.

3 Ukhamba lokuncibilikisela lungolwesiliva, nesithando ngesegolide, kepha ovivinya izinhliziyo nguJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Owenza okubi uqaphela izindebe zokona, nomqambimanga ubeka indlebe olimini olubi.

5 Oklolodela ompofu usola uMenzi wakhe, nothokoza ngengozi akayikuyekwa.

6Abantwana babantwana bangumqhele wabadala, nodumo lwabantwana lungoyise.

7Izindebe ezinobungcweti azifanele isiwula; kakhulu kangakanani umlomo wamanga isikhulu.

8 Isipho sinjengetshe elinqabileyo emehlweni omninilo: noma ebhekaphi, uyaphumelela.

9 Osibekela isiphambeko ufuna uthando, kepha onokondisa indaba wahlukanisa abahlobo.

10 Insolo ingena koqondileyo kunemivimbo eyikhulu koyisiwula.

11Omubi ufuna ukuhlubuka kuphela; ngalokho kuyakuthunyelwa kuye isithunywa esinonya.

12Umuntu makahlangane nebhere elaphuciwe amawundlu alo kunesiwula ebuwuleni baso.

13 Ophindisela okuhle ngokubi, ububi abuyikusuka endlini yakhe.

14Ukuqala kokuxabana kunjengokuvula amanzi; ngalokho yeka inkani, ingakashisi.

15 Othetha omubi nolahla olungileyo bayisinengiso kuJehova bobabili.

16Yini ukuba kube yimali esandleni sesiwula ukuthenga ukuhlakanipha, kungekho ukuqonda, na?

17 Umngane uthanda ngezikhathi zonke, nomzalwane uzalwa ekuhluphekeni.

18 Umuntu oswela ingqondo unikana nomunye izandla, abe yisibambiso phambi komakhelwane wakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Othanda ukuxabana uthanda isiphambeko; owenza umnyango wakhe ukuba uphakame ufuna ukubhujiswa.

20 Onenhliziyo ephambeneyo akafumani okuhle; onolimi oluyisigwegwe uwela engozini.

21 Ozala isiwula kulusizi kuye; uyise wesiwula akathokozi.

22 Inhliziyo eyenamileyo iyikhambi elihle, kepha umoya owaphukileyo uyomisa amathambo.

23 Omubi uyamukela umvuzo okhishwa esifubeni ukuba aphambukise izindlela zokwahlulela.

24 Ukuhlakanipha kuphambi koqondileyo, kepha amehlo esiwula asemikhawulweni yomhlaba.

25 Indodana eyisiwula ilusizi kuyise nokubaba kowayizalayo.

26 Ukuhlawulisa olungileyo akukuhle, nokushaya abaqotho akulungile.

27 Obamba amazwi akhe unokwazi; onomoya opholileyo ungumuntu oqondileyo.

28 Nesiwula lapho sithule kuthiwa isihlakaniphi; ovala umlomo wakhe ungoqondileyo.

**IzAga 18**

1 Ozahlukanisayo ufuna esakhe isifiso, uphika konke ukuhlakanipha.

2 Isiwula asithokozi ngokuqonda, kuphela ngokuveza okusenhliziyweni yakhe.

3 Lapho kufika omubi, kufika nokudelela; kanye nehlazo kukhona inhlamba.

4 Amazwi omlomo womuntu anjengamanzi ajulileyo, nomfula ogobhozayo, nomthombo wokuhlakanipha.

5 Ukukhetha ubuso bomubi ukuba olungileyo aphambukiswe ekwahlulelweni akukuhle.

6 Izindebe zesiwula ziletha ukuxabana, nomlomo waso ubiza imivimbo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Umlomo wesiwula ungukubhujiswa kwaso, nezindebe zaso zilugibe lomphefumulo waso.

8 Amazwi omncethezi anjengezibiliboco; ayehlela kokuphakathi komuntu.

9Ovilapha emsebenzini wakhe yena ungumfowabo wochithayo.

10 Igama likaJehova lingumbhoshongo onamandla; olungileyo ugijimela kuwo, alondeke.

11 Imfuyo yesicebi ingumuzi waso onamandla; injengogange oluphakemeyo emicabangweni yaso.

12 Ngaphambi kokubhujiswa inhliziyo yomuntu iyaziqhenya; ukuthobeka kwandulela udumo.

13Obuyisa izwi engakezwa, kungubuwula nehlazo kuye.

14 Umoya womuntu uyasekela ubuthakathaka bakhe, kepha ngubani ongathwala umoya owaphukileyo na?

15Inhliziyo yoqondileyo iyazuza ukwazi, nezindlebe zabalungileyo ziyafuna ukwazi.

16 Isipho somuntu siyamenzela indawo, simholele kwabakhulu.

17Ongowokuqala ecaleni lakhe usengathi ulungile, kepha umakhelwane wakhe ufika, amphenye.

18 Inkatho iyaqeda ukuxabana, yahlukanise phakathi kwabanamandla.

19Umzalwane owoniweyo ulukhuni kunomuzi onamandla, nokuxabana kunjengemigoqo yenqaba.

20 Isisu somuntu siyasutha ngesithelo somlomo wakhe, saneliswe ngokuthela kwezindebe zakhe.

21Ukufa nokuphila kusemandleni olimi, nabaluthandayo bayakudla izithelo zalo.

22 Ofumana umfazi uthola okuhle; uzuzile isisa kuJehova.

23Ompofu ukhuluma ngokuncenga, kepha isicebi siphendula kalukhuni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Umuntu wabangane uyazilimaza, kepha kukhona abangane ababambelela kuneselamani.

## IzAga 19

1 Ungcono ompofu ohamba ekuphelelenі kwakhe kunophambene ngezindebe zakhe eyisiwula.

2Futhi akulungile ukuba umphefumulo ungabi nakwazi; oshesha ngezinyawo uyaduka.

3Ubuwula bomuntu buchitha indlela yakhe, kepha inhliziyo yakhe iyamthukuthelela uJehova.

4 Imfuyo iyenezela abangane abaningi, kepha ompofu uyashiywa ngumngane wakhe.

5 Ufakazi wamanga akayekwa, nophafuza amanga akayikusinda.

6Baningi abancenga izikhulu; bonke bangabangane bomuntu wezipho.

7 Bonke abazalwane bompofu bayamzonda; kakhulu kangakanani abangane badedela kude naye; uyabaxosha ngamazwi, kepha awasekho.

8Ozuza ukuqonda uthanda umphefumulo wakhe; ogcina ingqondo uyakufumana okuhle.

9Ufakazi wamanga akayekwa, nophafuza amanga uyakubhubha.

10 Ukutamasa akufanele isiwula; kakhulu kangakanani akufanele ukuba inceku ibuse phezu kwezikhulu.

11 Ukuhlakanipha komuntu kubambezela intukuthelo yakhe; kuludumo lwakhe ukudlula esiphambekweni.

12 Ukufutheka kwenkosi kunjengokubhonga kwengonyama, kepha isihhe sayo sinjengamazolo etshanini.

13 Indodana eyisiwula iyinhlupheko kayise, nokuxabana komfazi kungukuconsa njalonjalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Indlu nemfuyo kuyifa elivela koyise, kepha umfazi ohlakaniphileyo uvela kuJehova.

15 Ubuvila bushonisa ebuthongweni obunzima, nesidenge siyalamba.

16 Ogcina umyalo ulonda umphefumulo wakhe, kepha onganaki izindlela zakhe uyakufa.

17 Onomusa kompofu utsheleka uJehova, nomsebenzi wakhe uyawubuyisela kuye.

18 Yilaye indodana yakho, lisekhona ithemba; ungabhekisi inhliziyo yakho ukuyibulala.

19 Onolaka olukhulu uyathweswa ihlawulo, ngokuba uma umophula, umelwe ukukuphinda.

20 Yizwa isiluleko, wamukele ukulaywa, ukuze uhlakaniphe ekugcineni.

21 Kukhona amacebo amaningi enhliziyweni yomuntu, kepha isiluleko sikaJehova siyakuma.

22 Ukuthandwa komuntu kubangwa ngumusa wakhe; ompofu ungcono kunomuntu wamanga.

23 Ukumesaba uJehova kungokokuphila; onakho uhlezi anelisiwe, akahanjelwa ngububi.

24 Ivila liyafaka isandla salo esitsheni; alisibuyiseli nasemlonyeni walo.

25 Shaya isideleli, ongenalwazi uyakuthola ukuqonda; sola oqondileyo, uyakuqonda ukwazi.

26 Ochitha uyise noxosha unina uyindodana ehlazisayo nebanga amahloni.

27 Yeka, ndodana yami, ukulalela ukulaywa, uyakuduka emazwini okwazi.

28 Ufakazi omubi uyadelela ukwahlulela; umlomo wababi uyagwinya ukona.

29 Izahlulelo zilungiselwa izideleli, nemivimbo umhlane weziwula.

**IzAga 20**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Iwayini liyisideleli, uphuzo olunamandla lungumxokozeli; bonke abaduka
ngalo abahlakaniphile.

2 Ingebhe ngenkosi injengokubhonga kwengonyama; oyithukuthelisayo wona
umphefumulo wakhe.

3 Kuludumo kumuntu ukuhlala kude nokuxabana, kepha zonke iziwula
ziyaphikisana.

4 Ngenxa yobusika ivila aliyikulima; ngalokho uyakuthekela ngesikhathi
sokuvuna, kungekho lutho.

5 Isiluleko enhliziyweni yomuntu sinjengamanzi ajulileyo, kepha umuntu
oqondileyo uyakusikhipha.

6 Abantu abaningi bayamemezela, kube yilowo nalowo umusa wakhe, kepha
ngubani ongafumana umuntu othembekileyo na?

7 Olungileyo ohamba ekupheleleni kwakhe, babusisiwe abantwana bakhe
emva kwakhe.

8 Inkosi ehlezi esihlalweni sokwahlulela ihlakaza konke okubi ngamehlo ayo.

9 Ngubani ongasho ukuthi: Ngihlanzile inhliziyo yami, sengihlambulukile
ezonweni zami, na?

10 Izisindo ezimbili nama-efa amabili, kokubili kuyisinengiso kuJehova.

11 Naye umntwana uyaziwa ngezenzo zakhe, uma isenzo sakhe sihlanzekile,
noma siqotho.

12 Indlebe ezwayo neso elibonayo, uJehova wenzile kokubili.

13 Ungathandi ubuthongo, funa ufikelwe ngubumpofu; vula amehlo akho,
uyakusutha ngesinkwa.

14 Kubi, kubi, kusho umthengi; kepha esehambile uyazigabisa.

15 Kukhona igolide namarubi amaningi, kepha ukwazi kwezindebe kuyigugu
elinqabileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Thatha ingubo yoyisibambiso somfokazi, umbambe abe yisibambiso omela abezizwe.

17 Isinkwa samanga simnandi kumuntu, kepha ngasemuva umlomo wakhe uyakugcwaliswa ngohlalwane.

18 Amacebo onke ayaqiniswa ngokululekana; yilwa impi ngamasu.

19 Ohamba encetheza uyambula izimfihlakalo; ngalokho ungahlangani naye ovula kakhulu umlomo wakhe.

20 Oqalekisa uyise nonina, isibani sakhe siyakucimeka esigayegayeni.

21 Imfuyo ingatholwa ngokushesha ekuqaleni, kepha ukuphela kwayo akuyikubusiswa.

22 Ungasho ukuthi: Ngiyakuphindisela okubi, yethemba kuJehova, uyakukusindisa.

23Izisindo ezimbili ziyisinengiso kuJehova, nesilinganiso senkohliso asilungile.

24 Izinyathelo zomuntu zingezikaJehova; pho, umuntu angaqonda kanjani indlela yakhe na?

25 Kulugibe ukusho ngamawala ukuthi: Kungcwele, abesebuya acabange emva kwezithembiso zakhe.

26Inkosi ehlakaniphileyo iyahlakaza ababi, iphindisele phezu kwabo ukushinga kwabo.

27 Umoya womuntu uyisibani sikaJehova, siphenya konke okuphakathi komuntu.

28 Umusa neqiniso kuyalonda inkosi; isihlalo sayo sobukhosi sisekelwa ngomusa.

29 Udumo lwabasha lungamandla abo, nesivunulo sabadala singubumpunga.

30Imivimbo elimazayo ihlanza ububi, nezishayo okuphakathi komuntu.

**IzAga 21**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Inhliziyo yenkosi isesandleni sikaJehova njengemifula yamanzi; uyayiphendulela lapho ethanda khona.

2 Zonke izindlela zomuntu zilungile emehlweni akhe, kepha uJehova ulinganisa izinhliziyo.

3 Ukwenza ukulunga nokwahlulela kukhethekile kuJehova kunemihlatshelo.

4 Ukuzidla kwamehlo nokuziqhenya kwenhliziyo, isibani sababi, kuyisono.

5 Imicabango yokhutheleyo isenzuzweni, kepha eyabo bonke abaphangisayo isekusweleni kuphela.

6 Ukuthola ingcebo ngolimi lwamanga kuyize elizulazuliswa, nezingibe zokufa.

7Ukuchitha kwababi kuyabaqothula, ngokuba benqaba ukwenza ukulunga.

8Indlela yothweswe icala iyinsongensonge, kepha ohlanzekileyo, isenzo sakhe silungile.

9 Kungcono ukuhlala egumbini lophahla kunokuhlala nowesifazane oxabanayo endlini ehlanganyelweyo.

10Umphefumulo womubi ufisa okubi; umakhelwane wakhe kafumani isisa emehlweni akhe.

11 Lapho isideleli sihlawuliswa, ongenalwazi uyahlakanipha, nalapho ohlakaniphileyo efundiswa, uyathola ukwazi.

12 Olungileyo uyaqaphela indlu yomubi; ababi bayachithelwa ebubini.

13Ovala indlebe yakhe ngokukhala kompofu naye uyakukhala angaphendulwa.

14 Isipho ekusithekeni siyadambisa ulaka, nomvuzo esifubeni ukufutheka okunamandla.

15Kuyintokozo kolungileyo ukwenza ukwahlulela, kepha kwabenza ukona kuyincithakalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Umuntu oduka endleleni yokuhlakanipha uyakuphumula ebandleni
lezithunzi.

17 Othanda injabulo uyakuba mpofu, nothanda iwayini namafutha
kayikuceba.

18 Omubi uyihlawulo lolungileyo, nombuluzayo usesikhundleni sabaqotho.

19 Kungcono ukuhlala ezweni lasehlane kunokuhlala nowesifazane oxabanayo
nothethayo.

20Kukhona ingcebo enxanelekayo namafutha endlini yohlakaniphileyo, kepha
umuntu oyisiwula uyakugwinya.

21Olandela ukulunga nomusa uyafumana ukuphila, nokulunga, nodumo.

22 Ohlakaniphileyo angenyukela emzini wamaqhawe, awise phansi inqaba
ayethembayo wona.

23 Ogcina umlomo wakhe nolimi lwakhe ulonda umphefumulo wakhe
ezinsizini.

24Ozidlayo nozigabisayo, yisideleli igama lakhe, yena osebenza
ngokuziphakamisa okukhulu.

25 Isifiso sevila siyalibulala, ngokuba izandla zalo ziyenqaba ukusebenza.

26Kuyafiswa nokufiswa usuku lonke, kepha olungileyo uyaphana engancishi.

27 Umhlatshelo wababi uyisinengiso; kakhulu kangakanani uma ulethwa
ngomgomo omubi.

28 Ufakazi wamanga uyabhujiswa, kepha umuntu ozwileyo angakhuluma
njalo.

29Umuntu omubi uyenza lukhuni ubuso bakhe, kepha oqotho uyanaka indlela
yakhe.

30 Akukho ukuhlakanipha, akukho ukuqonda, nesiluleko, okungamelana
noJehova.

31 Ihhashi lilungiselwa usuku lokulwa, kepha ukusindiswa kungokukaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## IzAga 22

1 Igama elihle likhethekile kunengcebo enkulu, nomusa kunesiliva negolide.

2 Abacebileyo nabampofu bahlangene; uJehova ungumenzi wabo bonke.

3 Qqondileyo uyabona ububi, acashe, kepha abangenalwazi badlula nje,
bahlupheke ngakho.

4 Umvuzo wokuthobeka kokumesaba uJehova uyingcebo, nodumo,
nokuphila.

5 Ameva nezingibe kusendleleni yabaphambeneyo, kepha ogcina
umphefumulo wakhe uyakudedela kude nakho.

6 Khulisa umntwana ngendlela eyakuba ngeyakhe; kuyakuthi lapho esekhulile,
angasuki kuyo.

7 Isicebi sibusa phezu kwabampofu, nobolekayo uyisigqila somtshelekileyo.

8 Ohlwanyela ububi uyakuvuna usizi, nenduku yolaka lwakhe iyakuphela.

9 Oneso elimnene uyakubusiswa, ngokuba uyapha ompofu okwesinkwa sakhe.

10 Xosha isideleli, besekuphuma ukuxabana, kuphele ukuphikisana nehlazo.

11 Othanda inhlanzeko ngenhliziyo nonomusa emlonyeni wakhe ungumngane
wenkosi.

12 Amehlo kaJehova anaka onokwazi, kepha uyachitha amazwi ombuluzayo.

13 Ivila lithi: Kukhona ingonyama ngaphandle; ngiyakubulawa phandle
esigcawini.

14 Umlomo wowesifazane ondindayo ungumgodi ojulileyo; othukuthelelwayo
nguJehova uyakuwela kuwo.

15 Ubuwula buboshelwe enhliziyweni yomntwana, kepha induku yokulaya
iyabudedisela kude naye.

16 Ocindezela ompofu ukuba azandisele nophayo isicebi bayakuba
ngabokuswela kuphela.

**Amazwi ezihlakaniphi: isigaba sokuqala**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Beka indlebe yakho, uzwe amazwi ezihlakaniphi, ubeke ukufundisa kwami enhliziyweni yakho.

18Ngokuba kumnandi, uma ukugcina phakathi kwakho, kubekwe kanyekanye ezindebeni zakho.

19Ukuba ithemba lakho libe kuJehova, ngikwazisile khona namuhla, yebo, wena.

20Angithi ngilobile kuwe nangaphambili ngeziluleko nangokwazi,

21ukuze ngikwazise ukuthembeka kwamazwi eqiniso ukuba ubuyisele kwabakuthumileyo amazwi eqiniso, na?

22Ungamphangi ompofu ngokuba empofu, ungamchobozi oswelayo esangweni,

23 ngokuba uJehova uyakumela indaba yabo, aphuce ababaphucayo umphefumulo wabo.

24 Ungabi ngumngane womuntu onolaka, ungahambi nomuntu onokufutheka,

25funa ufunde izindlela zakhe, uthole ugibe lomphefumulo wakho.

26 Ungabi ngowabaxhawulanayo, nowabayizibambiso zezikwenetu;

27uma kungekho ongakhokha ngakho, ubuyakususelwani umbhede wakho phansi kwakho na?

28 Ungasusi isikhonkwane esidala oyihlo abasimisileyo.

29Uyambona umuntu ehlakaniphile emsebenzini wakhe na? Uyakuma phambi kwamakhosi, akayikuma phambi kwabantukazana nje.

## IzAga 23

1Lapho uhlezi ekudleni nombusi, qonda nokuqonda ophambi kwakho,

2ubeke umese emphinjeni wakho, uma ungumuntu wephango.

3Unganxaneli izilovela zakhe, lokhu zingukudla okukhohlisayo.

4Ungakhandlekeli ukuceba; kuyeke ngokuqonda kwakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Amehlo akho ayandizela kulokho, kepha akusekho, ngokuba kuyazenzela
impela amaphiko njengokhozi olundizela ezulwini.

6Ungadli ukudla koneso elibi, ungafisi izilovela zakhe,

7ngokuba unjengozicabangelayo; uthi kuwe: Yidla uphuze, Kepha inhliziyo
yakhe ayikho kuwe.

8Umthamo owudlileyo uyakuwuhlanza, uchithe amazwi akho amnandi.

9 Ungakhulumi ezindlebeni zesiwula, ngokuba siyakudelela ukuhlakanipha
kwamazwi akho.

10 Ungasusi isikhonkwane esidala, ungangeni emasimini ezintandane,

11 ngokuba umhlengi wazo unamandla; uyakumela indaba yazo kuwe.

12 Beka inhliziyo yakho ekulayweni, nezindlebe zakho emazwini okwazi.

13 Ungayeki ukumlaya umntwana, ngokuba uma umshaya ngoswazi
akayikufa.

14Uyakumshaya ngoswazi, wophule umphefumulo wakhe endaweni
yabafileyo.

15 Ndodana yami, uma inhliziyo yakho ihlakanipha, inhliziyo yami
iyakuthokoza, yebo, eyami.

16Izinso zami ziyakujabula, lapho izindebe zakho zikhuluma okulungileyo.

17 Inhliziyo yakho mayingabi namhawu ngezoni, kepha mawube
sekumesabeni uJehova usuku lonke.

18 Ngokuba impela umvuzo ukhona, nethemba lakho aliyikunqunywa.

19Yizwa wena ndodana yami, uhlakaniphe, uhole inhliziyo yakho ngendlela.

20Ungabi phakathi kwezinseli zewayini nabayiziminzi zenyama.

21 Ngokuba inseli noyisiminzi bayakuba mpofu; ukozela kuyakwembathisa
umuntu amanikiniki.

22 Lalela uyihlo owakuzalayo, ungamdeleli unyoko lapho esemdala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Thenga iqiniso, ungathengisi ngalo, nokuhlakanipha, nokulaywa, nokuqonda.

24 Uyise wolungileyo uyakwethaba nokwethaba, nozala ohlakaniphileyo uyathokoza ngaye.

25Mabathokoze uyihlo nonyoko, ethabe owakubelethayo.

26Ndodana yami, ngiphe inhliziyo yakho, amehlo akho enamele izindlela zami.

27 Ngokuba isifebe singumgodi ojulileyo, nowesifazane ondindayo ungumhholo onyinyeneyo.

28Uqamekela njengomphangi; uyandisa abambuluzayo phakathi kwabantu.

29Ngubani othi: Maye! Ngubani othi: Wo! Ngubani oxabanayo? Ngubani okhalayo, ngubani onezilonda ngeze, na? Ngubani onamehlo aklwelayo na?

30 Yibo abalibala ngasewayinini, abaya ukunambitha iwayini elixutshanisiweyo.

31 Ungalibuki iwayini ukuthi libomvu, nokuthi liyacwebezela endebeni, ukuba lehle kalula.

32Ngasekugcineni liyaluma njengenyoka, lihlabe njengebululu.

33Amehlo akho ayakubona imihlola, inhliziyo yakho ikhulume okuphambeneyo.

34Uyakuba njengolele ekujuleni kolwandle nohlezi esihlokweni sensika yomkhumbi.

35Uyakuthi: Bangishayile, angilimalanga; bangigalele, angikwazanga. Lapho ngivuka, ngiyakubuye ngilifune.

## IzAga 24

1 Ungabi namhawu ngabantu ababi, ungafisi ukuba nabo.

2Ngokuba izinhliziyo zabo ziceba ukuchitha, nezindebe zabo zikhuluma ngengozi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Indlu iyakhiwa ngokuhlakanipha, iqiniswe ngokuqonda.

4Amakamelo agcwaliswa ngokwazi, ngayo yonke ingcebo enqabileyo nemnandi.

5 Umuntu ohlakaniphileyo udlula onamandla, nomuntu onokwazi onezikhwepha.

6 Ngokuba ngokucabanga ungaphaka impi yakho, nokusinda kumi ngobuningi babeluleki.

7Ukuhlakanipha kuphakeme kunesiwula; esangweni asivuli umlomo waso.

8Ocabanga ukwenza okubi uyakubizwa ngokuthi owenza amacebo.

9Ukuceba ubuwula kuyisono, nesideleli siyisinengiso kubantu.

10Uma udangala ngosuku lokuhlupheka, amandla akho mancane.

11 Bophule abayiswa ekufeni; abakhubekiselwa ekubulaweni ubagodle.

12 Uma uthi: Bheka, besingakwazi, akakuqondi yini olinganisa izinhliziyo, nolonda umphefumulo wakho akakwazi, na? Futhi akayikuphindisela bonke abantu ngokwemisebenzi yabo na?

13 Ndodana yami, yidla izinyosi, ngokuba zimnandi, noju oluhle emlonyeni wakho.

14 Yazi ukuthi kunjalo ukuhlakanipha emphefumulweni wakho; uma ukutholile, kuyakuba khona isikhathi esizayo, nethemba lakho aliyikunqunywa.

15Wena omubi ungaqamekeli indlu yolungileyo, ungachithi indawo yakhe yokuphumula.

16 Ngokuba olungileyo angawa kasikhombisa, abesebuye avuke, kepha ababi bayakukhubeka ngobubi.

17 Ungathokozi ngokuwa kwesitha sakho, nenhliziyo yakho mayingajabuli ngokukhubeka kwaso,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18funa uJehova akubone, kube kubi emehlweni akhe, asuse intukuthelo yakhe kuso.

19 Ungazikhathazi ngabenza okubi, ungabi namhawu ngamashinga.

20 Ngokuba omubi akayikuba namvuzo, nesibani samashinga siyakucima.

21 Ndodana yami, yesaba uJehova nenkosi, ungahlangani nabahlubukayo.

22Ngokuba ingozi yabo iyakuvuka masinyane; ngubani owazi ukuchithwa kweminyaka yabo na?

**Amazwi ezihlakaniphi: isigaba sesibili**

23 Nalawa angamazwi ahlakaniphileyo: Ukukhetha ubuso ekwahluleleni akukuhle.

24Oshoyo komubi ukuthi: Ulungile, lowo abantu bayakumqalekisa, nezizwe ziyakumthukuthelela.

25Kwabamthethisayo kuyakuba mnandi, kufike phezu kwabo isibusiso esihle.

26Njengokwanga kwezindebe, injalo impendulo eqinisileyo.

27 Qeda umsebenzi wakho ngaphandle, uzilungiselele wona ensimini, wakhe ngasemuva indlu yakho.

28 Ungabi ngufakazi ngomakhelwane wakho kungekho sizathu; wothi ukhohlise ngezindebe zakho na?

29 Ungasho ukuthi: Njengalokho ekwenzile kimi, kanjalo ngiyakwenza kuye, ngimphindisele umuntu njengesenzo sakhe.

30Ngadlula ensimini yomuntu oyivila, nasesivinini somuntu ongenangqondo;

31bheka, kuso sonke kwakukhona izimbathi, sisibekelwe phezulu ngezimbabazane, nogange lwaso lwamatshe lwaludilizelwe phansi.

32Ngabuka-ke mina, ngacabanga; ngabona, ngathola ukulaywa:

33 ubuthongo obuncane, ukozela okuncane, ukusonga izandla kancane kuze kulalwe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34bese kuthi ubumpofu bakho bufike njengomhambuma, nokuswela kwakho njengomuntu wesihlangu.

## IzAga 25

### Isigaba sesithathu samazwi ahlakaniphileyo

1 Nalezi ziyizaga zikaSolomoni ezaphindwa ngamadoda kaHezekiya inkosi yakwaJuda.

2 Kuludumo lukaNkulunkulu ukusitha into, kepha udumo lwamakhosi lungukuphenya indaba.

3Njengezulu ngokuphakama nomhlaba ngokujula, injalo inhliziyo yomuntu ngokuphenywa.

4Susa amanyela esiliveni, bese kuthi kuphumele umkhandi isitsha.

5 Susa omubi phambi kwenkosi, bese kuthi isihlalo sayo sobukhosi siqiniswe ngokulunga.

6Ungaziphakamisi phambi kwenkosi, ungemi endaweni yabakhulu.

7 Ngokuba kungcono ukuba kuthiwe kuwe: Yenyuka lapha, kunokuba wehliswe phambi kwesikhulu asesibonile amehlo akho.

8Ungasheshi ukuphuma ukuyophikisana ukuba ungazi ukuthi uyakwenze njani ekugcineni, lapho umakhelwane wakho ekuhlazisile.

9 Mela indaba yakho nomakhelwane wakho, ungambuli imfihlakalo yomunye,

10funa okuzwayo akuhlazise, nodumo lwakho lungabuyi.

11 Izwi elikhulunywayo ngesikhathi esiyiso linjengama-apula asezitsheni zesiliva.

12Njengecici legolide nesivunulo segolide elicwengekileyo, unjalo umsoli ohlakaniphileyo endlebeni elalelayo.

13 Njengokubanda kweqhwa ngosuku lokuvuna, sinjalo isithunywa esithembekileyo kosithumileyo, ngokuba siyahlumelela inkosi yaso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Njengamafu nomoya ngaphandle kwemvula kodwa, unjalo umuntu ozidumisa ngesipho angasiphiyo.

15 Ngokubekezela kade isikhulu singavunyiswa, nolimi oluthambileyo luyaphula amathambo.

16 Uma uthole izinyosi, yidla okwanele wena, funa udinwe, ubuye uhlanze.

17 Unyawo lwakho malungavami endlini yomakhelwane wakho, funa adinwe nguwe, abuye akuzonde.

18 Umuntu ofakazela amanga ngomakhelwane wakhe uyisando, nenkemba, nomcibisholo obukhali.

19 Ukwethemba ombuluzayo ngosuku lokuhlupheka kunjengezinyo elaphukileyo nonyawo olwenyeleyo.

20 Oyihlabelelela inhliziyo edabukileyo izihlabelelo unjengokhumula ibhantshi ngosuku lwamakhaza, nanjengoviniga esilondeni.

21 Uma okuzondayo elambile, mnike ukudla, adle; uma omile, muphe amanzi, aphuze.

22 Ngokuba uyakubuthela amalahle omlilo ekhanda lakhe, besekuthi uJehova akuvuze.

23 Umoya wasenyakatho uyaletha imvula, nolimi olunyenyayo ubuso obuthukutheleyo.

24 Kungcono ukuhlala egumbini lophahla kunokuhlala nowesifazane oxabanayo endlini ehlanganyelweyo.

25 Njengamanzi aqandayo emphefumulweni owomileyo, unjalo umbiko omuhle ovela ezweni elikude.

26 Njengomthombo odungekileyo nesiphethu esonakaleyo, unjalo olungileyo ozanyazanyiswa phambi komubi.

27 Ukudla izinyosi eziningi akukuhle, nokuzifunela udumo kakusilo udumo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

28Njengomuzi odiliziweyo ungenalugange, unjalo umuntu omoya wakhe ungenakubanjwa.

**IzAga 26**

1 Njengeqhwa ehlobo nemvula ngesikhathi sokuvuna, kanjalo udumo alufanele isiwula.

2Njengomzwilili ekuhambeni kwawo nanjengenkonjane ekundizeni kwayo, kanjalo isiqalekiso esingenasizathu asizi.

3 Isiswebhu singesehhashi, netomu lingelembongolo, noswazi lungolomhlane weziwula.

4Ungasiphenduli isiwula njengobuwula baso, funa ufane naso.

5Phendula isiwula njengobuwula baso, funa sibe ngohlakaniphileyo emehlweni aso.

6 Othuma izwi ngesandla sesiwula unquma izinyawo zakhe, uphuza ingozi.

7Imilenze yonyonga iyalengalenga; zinjalo izaga emilonyeni yeziwula.

8Njengobopha itshe endwayimaneni, unjalo onika isiwula udumo.

9Njengeva elingena esandleni sesidakwa, sinjalo isaga emlonyweni weziwula.

10Ingqongqo yenza konke yodwa; oqasha isiwula uqasha abadlulayo nje.

11 Njengenja ebuyela ebuhlanzweni bayo, kanjalo isiwula siphinda ubuwula baso.

12 Uyabona umuntu ohlakaniphile emehlweni akhe na? Kukhona ithemba ngesiwula kunaye.

13 Ivila lithi: Kukhona ingonyama endleleni nebhubesi esigcawini.

14Isicabha siphenduka ngezingibe zaso, nevila ecansini lalo.

15 Ivila liyafaka isandla salo esitsheni; kuyamkhathaza ukusibuyisela emlonyeni walo.

16Ivila lihlakaniphile emehlweni alo kunabayisikhombisa abaphendula ngokuhlakanipha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[17]Odlula nje ehlanganyela ukuxabana okungesikho okwakhe unjengobamba inja ngezindlebe zayo.

[18]Njengohlanya oluphonsa izikhuni nemicibisholo ebulalayo,

[19]unjalo umuntu okhohlisa umakhelwane wakhe, ethi: Angithi ngintelile nje na?

[20] Ngokuphela kwezinkuni umlilo uyacimeka, nalapho kungekho abancethezi, kuyabodla ukuxabana.

[21] Njengamalahle othuthwini nezinkuni emlilweni, unjalo umuntu ophikisa ukuvusa inkani.

[22] Amazwi omncethezi anjengesibiliboco: ayehlela kokuphakathi komuntu.

[23]Izindebe ezishisayo nenhliziyo embi kunjengesitsha sebumba esinamekwe ngamanyela esiliva.

[24]Ozondayo uyazenzisa ngezindebe zakhe, ubekelela inkohliso enhliziyweni yakhe.

[25]Lapho enza izwi lakhe libe mnandi, ungakholwa nguye, ngokuba kukhona izinengiso eziyisikhombisa enhliziyweni yakhe.

[26]Noma inzondo yakhe isibekelwa ngenzondo, ububi bakhe buyakwambulwa ebandleni.

[27] Omba umgodi uyakuwela kuwo, nogingqa itshe, liyakubuyela phezu kwakhe.

[28]Ulimi lwamanga luyazonda olubachobozileyo, nomlomo othophayo usebenza incithakalo.

## IzAga 27

[1] Ungazigabisi ngolwakusasa, ngokuba awukwazi okungavela ngosuku.

[2] Makakudumise omunye, kungabi ngumlomo wakho, kube ngumfokazi, kungabi yizindebe zakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Itshe liyasinda nesihlabathi sinzima, kepha ukukhathaza kwesiwula kuyasinda kunakho kokubili.

4 Ulaka lulunya nentukuthelo iyisikhukhula, kepha ngubani ongema phambi komhawu na?

5 Ukusola okusobala kungcono kunothando olufihliweyo.

6 Amanxeba othandayo athembekile, kepha ukwanga kwesitha kuyachichima.

7 Umphefumulo osuthiyo uyanengwa yizinyosi, kepha emphefumulweni olambileyo konke okubabayo kumnandi.

8 Njengenyoni esuka ibaleka esidlekeni sayo, unjalo umuntu obalekele indawo yakhe.

9 Amafutha nempepho kuyathokozisa inhliziyo; bunjalo ubumnandi bomuntu ngokululeka ngenhliziyo.

10 Ungashiyi umngane wakho nomngane kayihlo, ungangeni endlini yomfowenu ngosuku lwengozi yakho; ungcono umakhelwane oseduze kunomfowenu okude.

11 Ndodana yami, hlakanipha, uthokozise inhliziyo yami ukuba ngiphendule ongisolayo.

12 Oqondileyo uyabona ububi, acashe, kepha abangenalwazi badlula nje, bahlupheke ngakho.

13 Thatha ingubo yoyisibambiso somfokazi, umbambe abe yisibambiso omela abezizwe.

14 Obusisa umngane wakhe ngezwi elikhulu, evuka ekuseni, kuyakubalelwa kuye ukuthi kuyisiqalekiso.

15 Ukuconsa okunganqamukiyo ngosuku lwemvula nowesifazane oxabanayo kuyafana.

16 Omvimbela yena uvimbela umoya; isandla sakhe sokunene sihlangana namafutha nje.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Insimbi ilola insimbi, nomuntu ubuso bomunye.

18Olonda umkhiwane uyakudla izithelo zawo, nolinda inkosi yakhe uyakudunyiswa.

19Njengasemanzini ubuso bubhekana nobuso, injalo inhliziyo yomuntu kumuntu.

20 Indawo yabafileyo nokubhubha akusuthi, namehlo omuntu awasuthi.

21 Ukhamba lokuncibilikisela lungolwesiliva, nesithando ngesegolide, nomuntu unjengodumo lwakhe.

22Noma ugqula isiwula ngembokodwe etsheni lokusila phakathi komqhazulo, ubuwula baso abuyikusuka kuso.

23Yazi nokwazi ukuma kwezimvu zakho, ubeke inhliziyo yakho emihlambini yakho.

24Ngokuba ingcebo ayiyikuhlala kuze kube phakade; umqhele uyahlala izizukulwane ngezizukulwane na?

25Lapho utshani bumuka, nohlaza lubonakala, nemifino yezintaba ibuthwa,

26kukhona izimvu zokuba wembathe, nezimpongo ukuba zibe yintengo yomhlaba.

27Kuyakuba khona ubisi lwezimbuzi olwanele ukudla kwakho nokudla kwendlu yakho, nokuphila kwamantombazana akho.

## IzAga 28

1 Ababi bayabaleka, noma kungekho obaxoshayo, kepha abalungileyo banesibindi njengengonyama.

2 Ngesiphambeko salo izwe linezikhulu eziningi, kepha ngabantu abaqondileyo nabanokwazi liyakuma.

3Umuntu oswelayo ocindezela abampofu unjengemvula ekhukhulayo engashiyi ukudla.

4Abashiya umthetho badumisa ababi, kepha abagcina umthetho balwa nabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

5Abantu ababi abaqondi ukwahlulela, kepha abafuna uJehova baqonda konke.

6Ungcono ompofu ohamba ekupheleleni kwakhe kunocebileyo ophambene ngezindlela zakhe.

7Ogcina umthetho uyindodana eqondileyo, kepha ongumngane weziminzi uhlazisa uyise.

8 Owandisa imfuyo yakhe ngenzalo nangenzuzo uyibuthela onomusa kwabampofu.

9 Ophendula indlebe yakhe ekuzweni umthetho, nomkhuleko wakhe uyisinengiso.

10 Odukisela abaqotho endleleni embi uyakuwela emgodini wakhe, kepha abapheleleyo bayakudla ifa lokuhle.

11Isicebi sihlakaniphile emehlweni aso, kepha ompofu oqondileyo uyakusifica.

12 Lapho abalungileyo bethokoza, udumo lukhulu, kepha ekuvukeni kwababi abantu bamelwe ukufunwa.

13 Ofihla iziphambeko zakhe akayikuphumelela, kepha ozivumayo azishiye uyakuthola umusa.

14 Ubusisiwe umuntu owesaba njalo, kepha oyenza lukhuni inhliziyo yakhe uyakuwela ebubini.

15Njengengoyama ebhongayo nebhere elihahayo, unjalo umbusi omubi phezu kwabantu abampofu.

16 Wena sikhulu esingenakuqonda nesicindezelayo, ozonda inzuzo engalungile uyakwandiza izinsuku zakhe.

17 Umuntu osindwa yigazi lomunye uyakubalekela egodini; makangasizwa muntu.

18 Ohamba ekupheleleni uyakusinda, kepha ophambene ngezindlela zakhe uyakuwa kwenye yazo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Olima insimu yakhe uyakusutha ngokudla, kepha olandela amayiyane uyakusutha ngobumpofu.

20 Umuntu othembekileyo uyakuvama izibusiso, kepha oshesha ukuceba akayikuyekwa.

21 Ukukhetha ubuso akukuhle; ngomthamo wesinkwa umuntu angenza isiphambeko.

22 Umuntu oneso elibi ushesha ukuba athole imfuyo; akazi ukuthi ukuswela kuyakumehlela.

23 Osola umuntu uyakuthola ngasemuva isisa kunothopha ngolimi lwakhe.

24 Ophanga uyise nonina, ethi: Akusiso isiphambeko, yena ungumngane wochithayo.

25 Onomoya ohahayo uyavusa ukuxabana, kepha owethemba kuJehova uyakukhuluphaliswa.

26 Owethemba enhliziyweni yakhe uyisiwula; kepha ohamba ngokuhlakanipha uyakhululwa.

27 Opha ompofu akayikuswela, kepha ositheza amehlo akhe uyakuba neziqalekiso eziningi.

28 Lapho ababi bevuka, umuntu uyacasha, kepha ngokubhubha kwabo abalungileyo bayanda.

## IzAga 29

1 Umuntu osolwayo, onentamo elukhuni kodwa, uyakwaphulwa ngokuphazima kweso, engenakuphulukiswa.

2 Abantu bayathokoza ngokwanda kwabalungileyo, kepha ngokubusa kwababi abantu bayabubula.

3 Umuntu othanda ukuhlakanipha uthokozisa uyise, kepha umngane wezifebe uchitha imfuyo yakhe.

4 Inkosi iqinisa izwe ngokwahlulela, kepha umuntu olithelisayo uyalichitha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Umuntu othopha umakhelwane wakhe wenekela izinyawo zakhe inetha.

6 Esiphambekweni somuntu omubi kukhona ugibe, kepha olungileyo uyenanela, athokoze.

7Olungileyo uyazi indaba yabampofu, kepha omubi akayiqondi.

8 Abantu abayizideleli bavusa umuzi, kepha abahlakaniphileyo babuyisa ulaka.

9 Uma ohlakaniphileyo ephikisene nesiwula, siyadlova sihleke, nokuthula akukho.

10Abantu begazi bayazonda opheleleyo, kepha abaqotho banaka umphefumulo wakhe.

11 Isiwula sikhipha lonke ulaka lwaso, kepha ohlakaniphileyo uyalugodla ekugcineni.

12Uma umbusi elalela indaba yamanga, zonke izinceku zakhe zimbi.

13 Ompofu nocindezelayo bandawonye; uJehova ukhanyisa amehlo abo bobabili.

14 Inkosi eyahlulela abampofu ngeqiniso, isihlalo sayo sobukhosi siyakuma phakade.

15 Uswazi nokusola kuyanika ukuhlakanipha, kepha umntwana oyekwayo uyahlazisa unina.

16 Ngokwanda kwababi kuyanda iziphambeko, kepha abalungileyo bayakubuka ukuwa kwabo.

17Yilaye indodana yakho, iyakukuphumuza, yebo, iyakuthokozisa umphefumulo wakho.

18Lapho kungekho mbono khona, abantu bayadlubulunda, kepha ogcina umthetho ubusisiwe.

19Inceku ayisolwa ngamazwi, ngokuba noma iqonda ayilaleli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Uyabona umuntu oshesha ngamazwi na? Kukhona ithemba ngesiwula
kunangaye.

21Inceku ekhuliswa kahle kwasebuntwaneni iyakuba yindodana ekugcineni.

22 Umuntu onolaka uvusa ukuxabana, nomuntu ofuthekayo uvama
ukuphambeka.

23 Ukuzidla komuntu kuyamthobisa, kepha onomoya othobekileyo uyazuza
udumo.

24 Ohlanganyela nesela uzonda umphefumulo wakhe; uyezwa isifungo, kepha
akasidaluli.

25 Ukwesaba abantu kubeka ugibe, kepha owethemba uJehova uyalondeka.

26Abaningi bafuna ubuso bombusi, kepha ukwahlulelwa komuntu kuvela
kuJehova.

27 Umuntu owonakeleyo uyisinengiso kwabalungileyo, noqotho endleleni
uyisinengiso komubi.

## IzAga 30

### Amazwi ka-Aguri

1Amazwi ka-Aguri, indodana kaJakhe waseMasa. Yathi indoda ku-Ithiyeli, ko-
Ithiyeli no-Ukhali:

2 Impela ngiyisiwula kunabanye abantu, anginakuqonda komuntu.

3Angifundanga ukuhlakanipha, ukuze ngazi oNgcwele.

4 Ngubani owenyukele ezulwini, wabuye wehla na? Ngubani oqoqele umoya
ezandleni zakhe na? Ngubani obophile amanzi engutsheni yakhe na? Ngubani
omisile yonke imikhawulo yomhlaba na? Ngubani igama lakhe, ngubani
igama lendodana yakhe, uma ulazi, na?

5 Onke amazwi kaNkulunkulu acwebile; uyisihlangu kwabaphephela kuye.

6 Ungenezeli emazwini akhe, funa akusole, ufunyanwe ungumqambimanga.

7 Yizinto ezimbili engizicela kuwe: unganginqabeli nazo, ngingakafi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Dedisela kude nami okuyize namanga, unganginiki ubumpofu nengcebo, kepha ngiphe isinkwa engisimiselweyo,

9 funa ngisuthe, ngikuphike ngithi: UJehova ungubani na funa ngibe mpofu, ngebe, ngilone igama likaNkulunkulu wami.

10 Ungahlebi inceku enkosini yayo, funa ikuthuke, ube necala.

11 Kukhona isizukulwane esithuka uyise, esingabusisi unina.

12 Kukhona isizukulwane esimhlophe emehlweni aso, esingahlanzwanga ensileni yaso.

13 Kukhona isizukulwane yeka ukuzidla kwaso! Nezinkophe zaso ziphakanyisiwe.

14 Kukhona isizukulwane esimazinyo aso ayizinkemba namazinyo emihlathi angomese bokuqeda abampofu emhlabeni, nabaswelayo phakathi kwabantu.

15 Umnyundu unamadodakazi amabili athi: Siphe, siphe. Kukhona izinto ezintathu ezingasuthi, nezine ezingasho ukuthi: Kwanele! :

16 indawo yabafileyo, nesizalo esiyinyumba, nomhlaba ongasuthi ngamanzi, nomlilo ongasho ukuthi: Kwanele!

17 Iso eliklolodela uyise nelidelela ukulalela unina liyakukhishwa ngamagwababa angasemfuleni, lidliwe ngamazinyane okhozi.

18 Kukhona izinto ezintathu ezingahlula ngokumangalisa, yebo, ezine engingazaziyo:

19 indlela yokhozi emoyeni, nendlela yenyoka edwaleni, nendlela yomkhumbi phakathi kolwandle, nendlela yendoda entombini.

20 Inje indlela yowesifazane ophingayo: uyadla, abesesula umlomo wakhe, athi: Angenzanga isono.

21 Phansi kwezinto ezintathu umhlaba uyazamazama, yebo, phansi kwezine ongezithwale:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 phansi kwenceku ekubekweni kwayo inkosi, nesiwula uma sisuthile ngokudla,

23naphansi kwesaliwakazi ekuganeni kwaso, nencekukazi ekulidleni ifa lenkosikazi yayo.

24 Kukhona izinto ezine ezincane emhlabeni, kepha zihlakaniphile kakhulu:

25 izintuthwane ziyisizwe esingenamandla, kanti ziyalungisa ukudla kwazo ehlobo;

26izimbila ziyisizwe esibuthakathaka, kanti ziyakha izindlu zazo edwaleni;

27izinkumbi azinankosi, kanti ziyaphuma zonke ngamaviyo;

28isibankwa ungasibamba ngezandla zombili, kanti sisendlini yenkosi.

29 Kukhona izinto ezintathu ezinyathela ngesizotha, yebo, ezine ezihamba ngesithunzi:

30ingonyama, iqhawe ezilwaneni; ayihlehli nakusiphi;

31 nehhashi lempi kanye nempongo, nenkosi phambi kwempi yayo.

32 Uma wenzile ubuwula ngokuziphakamisa. wacabanga okubi, beka isandla emlonyeni wakho.

33Ngokuba ukuphehla ubisi kuveza iphehlwa, nokucindezelwa kwempumulo kuveza igazi; kanjalo ukucindezela ulaka kuveza ukuxabana.

## IzAga 31

### Amazwi kaLemuweli

1Amazwi kaLemuweli, inkosi yaseMasa, awafundiswa ngunina.

2 Yini, ndodana yami, yini, ndodana yesizalo sami, yini, ndodana yezithembiso zami, na?

3 Unganiki abesifazane amandla akho, nezindlela zakho kwababhubhisa amakhosi.

4 Akusikho okwamakhosi, Lemuweli, akusikho okwamakhosi ukuphuza iwayini, nokwababusi ukufisa uphuzo olunamandla,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

5 funa baphuze, bakhohlwe izimiso, baguqule ukwahlulelwa kwabantwana
bokuhlupheka.

6Mnike obhubhayo uphuzo olunamandla nomunyu enhliziyweni iwayini.

7Makaphuze akhohlwe ubumpofu bakhe, angabe esakhumbula usizi lwakhe.

8 Sivulele isimungulu umlomo wakho, umele bonke abantwana
abayizintandane.

9 Vula umlomo wakho, wahlulele ngokulunga, umele abahluphekayo
nabampofu.

## Ukudunyiswa kowesifazane okhutheleyo

10 Ngubani ongathola umfazi okhutheleyo na? Ngokuba inani lakhe lidlula
kakhulu amarubi.

11 Inhliziyo yendoda yakhe iyethemba kuye; ayiyikuswela inzuzo.

12Uyayenzela okuhle, kungabi ngokubi, zonke izinsuku zokuphila kwakhe.

13Ufuna uboya bezimvu nefilakisi; usebenza ngezandla ezivumayo.

14Unjengemikhumbi yabathengi; ulanda kude ukudla kwakhe.

15Uyavuka kuse sebusuku, aphe abendlu yakhe ukudla namantombazana
akhe imisebenzi yawo.

16Ucabanga ngensimu, ayithenge; ngesithelo sezandla zakhe utshala isivini,

17Uyabhinca okhalweni amandla; uyaqinisa izingalo zakhe.

18Uyabona ukuthi ukuphatha kwakhe kunenzuzo; isibani sakhe asicimeki
nasebusuku.

19Uyabeka izandla zakhe othini lokuphotha izintambo, neminwe yakhe
ibamba insimbi.

20Ohluphekayo uyamvulela isandla sakhe, yebo, uzelulela abampofu izandla
zakhe.

21Akesatshiswa ngabendlu yakhe ngungqoqwane; ngokuba bonke abendlu
yakhe bembathiswa okubomvu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Uyazenzela izindwangu ezimbozayo; izambatho zakhe ziyilineni
elicolekileyo nokububende.

23Indoda yakhe iyaziwa emasangweni, lapho ihlezi namalunga ezwe.

24Wenza izingubo zelineni, athengise ngazo, anikele kubathengi amabhande.

25Amandla nesithunzi kungukwembatha kwakhe; uhleka usuku oluzayo.

26Uyawuvula umlomo wakhe ngokuhlakanipha, nomthetho womusa usolimini
lwakhe.

27Uyaqaphela okwenziwayo endlini yakhe, akadli isinkwa sobuvila.

28Abantwana bakhe bayasukuma, bambusise; nendoda yakhe iyamdumisa
ngokuthi:

29 Baningi abafazi abakhutheleyo, kepha wena ubadlula bonke.

30 Ubuhle buyinkohliso, nokubukeka kuyize, kepha owesifazane owesaba
uJehova uyakudunyiswa.

31Muphe ezithelweni zezandla zakhe, izenzo zakhe zimdumise emasangweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UmShumayeli

## UmShumayeli 1

### Konke kuyize leze

1Amazwi oMshumayeli indodana kaDavide, inkosi yaseJerusalema.

2 Ize leze, usho uMshumayeli, ize leze, konke kuyize.

3 Kuyinzuzoni kumuntu ngawo wonke umshikashika wakhe awushikashikayo phansi kwelanga na?

4 Isizukulwane siyamuka, isizukulwane siyeza, kepha umhlaba umi phakade.

5 Ilanga liyaphuma, ilanga liyashona, lishesha ukuya endaweni yalo lapho liphuma khona.

6Umoya uya ngaseningizimu, uzungeze, uye ngasenyakatho; uzungazungeza njalo ekuhambeni kwawo, nasekuzungezeni kwawo umoya uyabuyela.

7Yonke imifula iyangena elwandle, kepha ulwandle alugcwali; endaweni eya kuyo imifula, ibuye iye khona njalo.

8 Zonke izinto ziyakhandleka, akakho ongakuphimisa; iso alisuthi ngokubona, nendlebe ayigcwali ngokuzwa.

9 Okwake kwaba khona yikho okuyakuba khona, nokwake kwenziwa yikho okuyakwenziwa; akukho okusha phansi kwelanga.

10Kukhona yini into okuthiwa ngayo: Bheka, intsha le. Yayikhona nasemandulo ayengaphambi kwethu.

11Akukho ukukhunjulwa kwase bephelile, nabalandelayo abayakufika abayikukhunjulwa nabo phakathi kwabalandela bona.

### Nokufuna ukuhlakanipha kuyize

12 Mina Mshumayeli ngangiyinkosi phezu kuka-Israyeli eJerusalema.

13 Nganikela inhliziyo yami ukufuna nokuvivinya ngokuhlakanipha konke okwenziwa phansi kwezulu; kungumshikashika omubi uNkulunkulu awunikile amadodana abantu ukuba awushikashike.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Ngiyibonile yonke imisebenzi eyenziwayo phansi kwelanga; bheka, konke kuyize nokufuna umoya.

15 Okuyisigwegwe akunakuqondiswa, nokungekho akunakubalwa.

16 Ngakhuluma mina nenhliziyo yami, ngathi: Bheka, ngenzile ukuhlakanipha kube kukhulu, ngikwandisile kunabo bonke phambi kwami eJerusalema, yebo, inhliziyo yami ibonile kakhulu ukuhlakanipha nokwazi.

17 Nganikela inhliziyo yami ukwazi ukuhlakanipha nokwazi ubuhlanya nobuwula. Ngase ngibona ukuthi nalokho kwakungukufuna umoya.

18Ngokuba ekuhlakanipheni okuningi kukhona ukukhathazeka okuningi; owandisa ukwazi wandisa usizi.

## UmShumayeli 2

### Intokozo nokufuna intokozo kuyize

1 Ngase ngithi mina enhliziyweni yami: Woza, ngizakukulinga ngentokozo; mawubone okuhle nje. Kepha nalokho kwakuyize.

2Ngathi ngokuhleka: Ngubuhlanya, nangentokozo: Yenzani na?

3Ngaphenya enhliziyweni yami ukuba ngiyakuthokozisa kanjani umzimba wami ngewayini, inhliziyo ingihole nokho ngokuhlakanipha, nokuba ngibambe ubuwula, ngize ngibone ukuthi kuyini okuhle kumadodana abantu ukuba akwenze phansi kwezulu ezinsukwini zonke zokuphila kwawo.

4 Ngazenzela imisebenzi emikhulu, ngazakhela izindlu, ngazitshalela izivini,

5ngazenzela izivande namahlathi, ngatshala khona imithi enezithelo zezinhlobo zonke,

6ngazenzela amachibi amanzi ukuba kuniselwe ngawo ihlathi lemithi emilayo.

7 Ngathenga izinceku nezincekukazi, nganginazo ezazalwa endlini; yebo, nganginemfuyo enkulu yezinkomo neyezimvu phezu kwakho konke okwakuphambi kwami eJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Ngazibuthela futhi isiliva negolide, nemfuyo yamakhosi, nezifunda;
ngathola abahlabeleli, abesilisa nabesifazane, nalokho athokoza ngakho
amadodana abantu: isancinza, yebo, izancinza eziningi.

9 Ngase ngikhula ngaba mkhulu kunabo bonke ababe phambi kwami
eJerusalema. Nokuhlakanipha kwami kwakumi ngakimi.

10 Konke amehlo ami akufisayo angikugodlanga kuwo; angenqabelanga
inhliziyo yami neyodwa intokozo, ngokuba inhliziyo yami yathokoza ngawo
wonke umshikashika wami; lokho kwakuyisabelo sami kuwo wonke
umshikashika wami.

11 Ngase ngibhekana nemisebenzi yonke ezaziyenzile izandla zami,
nomshikashika engangishikashikile ukuwenza; bheka, konke kwakuyize
nokufuna umoya, akukho nzuzo phansi kwelanga.

12 Ngase ngiphenduka ukuba ngibone ukuhlakanipha, nokuhlanya, nobuwula,
ngokuba angenzani umuntu olandela inkosi ngaphandle kwalokho
okwenziweyo ngaphambili na?

13 Ngase ngibona ukuthi ukuhlakanipha kudlula ubuwula njengalokhu
ukukhanya kudlula ubumnyama.

14 Ohlakaniphileyo unamehlo ekhanda lakhe, kepha isiwula sihamba
ebumnyameni; nokho ngabona ukuthi umehlo munye wehlela bonke.

15 Ngase ngithi enhliziyweni yami: Njengokwehlelwa kwesiwula
ngiyakwehlelwa nami; ngisidluleleni ngokuhlakanipha na? Ngathi-ke
enhliziyweni yami ukuba nalokho kwakuyize.

16 Ngokuba akukho ukukhunjulwa kohlakaniphileyo nokwesiwula kuze kube
phakade, lokhu ezinsukwini ezizayo konke kuyakube sekukhohlakele.
Nohlakaniphileyo akafi njengesiwula na?

17 Ngase ngizonda ukuphila, ngokuba umsebenzi owenziwa phansi kwelanga
mubi kimi, lokhu konke kuyize nokufuna umoya nje.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[18]Yebo, ngazonda wonke umshikashika wami engangiwushikashika phansi kwelanga, lokhu ngabona ukuthi ngizakuwushiya kumuntu ofika emva kwami.

[19]Ngubani owaziyo, uma eyakuba ngumuntu ohlakaniphileyo noma isiwula na? Nokho uyakubusa phezu kwawo wonke umshikashika wami engiwushikashikile nengihlakaniphele kuwo phansi kwelanga. Nalokho kuyize.

[20]Ngase ngibuye ngaphela ithemba ngawo wonke umshikashika engangiwushikashikile phansi kwelanga.

[21] Ngokuba kukhona umuntu omshikashika wakhe wenziwe ngokuhlakanipha, nangokwazi, nangekhono, kepha nokho uyakuwunikeza kumuntu ongawushikashikanga kube yisabelo sakhe. Nalokho kuyize nobubi obukhulu.

[22] Ngokuba umuntu unanzuzoni yawo wonke umshikashika wakhe nokukhandleka kwenhliziyo yakhe akushikashikile phansi kwelanga na?

[23] Ngokuba zonke izinsuku zakhe zinobuhlungu, nomsebenzi wakhe ulusizi; yebo, nasebusuku inhliziyo yakhe ayiphumuli; nalokho kuyize.

[24] Akukho okuhle kumuntu kunalokhu kokuba adle, aphuze, abonise umphefumulo wakhe okuhle emshikashikeni wakhe, kepha nalokho ngakubona ukuthi kuvela esandleni sikaNkulunkulu.

[25] Ngokuba ngubani ongadla, ngubani ongajabula ngaphandle kwakhe na?

[26]Ngokuba umuntu omuhle kuNkulunkulu uyamnika ukuhlakanipha, nokwazi, nentokozo, kepha isoni usinika usizi lokuba sibuthe, siqongelele, ukuze simnike yena omuhle kuNkulunkulu. Nalokho kuyize nokufuna umoya.

## UmShumayeli 3

### Konke kunesikhathi sakho

[1] Konke kunesikhathi sakho, yonke indaba inomzuzu wayo phansi kwezulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Kukhona isikhathi sokuzalwa nesikhathi sokufa, isikhathi sokutshala nesikhathi sokusiphula okutshaliweyo;

3 isikhathi sokubulala nesikhathi sokuphilisa, isikhathi sokudiliza nesikhathi sokwakha;

4 isikhathi sokukhala nesikhathi sokuhleka, isikhathi sokulila nesikhathi sokusina;

5 isikhathi sokuphonsa amatshe nesikhathi sokuqoqa amatshe, isikhathi sokugona nesikhathi sokungagoni;

6 isikhathi sokufuna nesikhathi sokulahlekelwa, isikhathi sokugcina nesikhathi sokuhlahla;

7 isikhathi sokuklebhula nesikhathi sokuthunga, isikhathi sokuthula nesikhathi sokukhuluma;

8 isikhathi sokuthanda nesikhathi sokuzonda, isikhathi sokulwa nesikhathi sokuzola.

9 Unanzuzoni osebenzayo ngalokho akushikashikayo na?

10 Ngibonile umshikashika uNkulunkulu awunikile amadodana abantu ukuba awushikashike.

11 Wenzile konke kube kuhle esikhathini sakho, ubekile nokuphakade ezinhliziyweni zabo; nokho umuntu angefumane umsebenzi awenzile uNkulunkulu kwasekuqaleni kuze kube sekupheleni.

12 Ngiyazi ukuthi akukho okuhle kubo kunokuba bathokoze, bazenzele okumnandi besekhona.

13 Kepha futhi ukuba abantu bonke badle, baphuze, babone okuhle kuwo wonke umshikashika wabo kuyisipho sikaNkulunkulu nalokho.

14 Ngiyazi ukuthi konke akwenzayo uNkulunkulu kuyakuba khona kuze kube phakade; akukho okungenezelwa kukho, futhi akukho okungasuswa kukho. UNkulunkulu ukwenzile ukuba abantu besabe phambi kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

15 Lokhu okukhona yikho okwakukhona, nalokhu okuyakuba khona kade kwakukhona; uNkulunkulu ufuna okudlulileyo.

### Umuntu ufana nezilwane

16 Futhi ngabona phansi kwelanga ukuthi kukhona okubi endaweni yokwahlulela nokuthi kukhona ukushinga endaweni yokulunga.

17 Ngase ngithi enhliziyweni yami: UNkulunkulu uyakwahlulela nolungileyo nomubi, ngokuba kukhona lapha isikhathi sezindaba zonke nesemisebenzi yonke.

18 Ngathi enhliziyweni yami: Kungenxa yamadodana abantu ukuze uNkulunkulu awavivinye, wona azibonele ukuthi anjengezilwane nje.

19 Ngokuba okwehlela amadodana abantu kwehlela nezilwane, into inye ikwehlela kokubili: njengalokhu kufa lokho, kuyafa nalokhu; kunomphefumulo munye, umuntu akazidluli ngalutho izilwane, ngokuba konke kuyize.

20 Konke kuya endaweni inye; konke kuvela othulini, konke kubuyela othulini.

21 Ngubani owaziyo ukuthi umoya wamadodana abantu ukhuphukela phezulu, nomoya wezilwane ukuthi wehlela phansi emhlabathini, na?

22 Ngase ngibona-ke ukuthi akukho okungcono kunokuba umuntu athokoze ngemisebenzi yakhe, lokhu kuyisabelo sakhe, ngokuba ngubani ongambuyisa ukuba abone okuyakuba semva kwakhe na?

## UmShumayeli 4

1 Ngase ngibuye ngabona konke ukucindezela okwenziwa phansi kwelanga; bheka izinyembezi zabacindezelwayo; babengenamduduzi. Ohlangothini lwababacindezelayo kwakukhona amandla, kepha bona babengenamduduzi.

2 Ngase ngibusisa abafileyo asebafa kunabaphilayo abasekhona,

3 kepha badlulwa bobabili nguye ongakabikho, ongabonanga umsebenzi omubi owenziwa phansi kwelanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Futhi ngabona wonke umshikashika nakho konke okwenziwe ngekhono ukuthi kungumhawu womuntu ngomakhelwane wakhe. Nalokho kuyize nokufuna umoya.

5 Isiwula siyasonga izandla zaso, sidle umzimba waso.

6Kungcono ukhweshe lokuthula kunezandla zombili zigcwele umshikashika kanye nokufuna umoya.

7Ngase ngibuye ngabona okunye okuyize phansi kwelanga:

8 Kukhona oyedwa, kanaye owesibili, yebo, akanamntwana, kanamfowabo, nokho ukuphela komshikashika wakhe akukho, namehlo akhe awasuthi ngengcebo. Uthi: Ngishikashikela-bani, ngiswezisela umphefumulo wami ngokuhle, na? Nalokho kuyize nenhlupheko embi.

9 Kungcono ababili kunoyedwa, ngokuba banomvuzo omkhulu ngomshikashika wabo.

10Ngokuba uma bewa, omunye uyavusa umngane wakhe; kepha maye kuye oyedwa lapho ewa, engenawesibili wokumvusa!

11Futhi uma ababili belele ndawonye, banokufudumala, kepha oyedwa angafudumala kanjani na?

12Nakuba umuntu ahlula oyedwa, ababili bayakuma phambi kwakhe, nentambo emicu mithathu ayisheshi ukugqashuka.

13Kungcono umfana ompofu ohlakaniphileyo kunenkosi egugileyo eyisiwula, engasakwazi ukuxwayiswa,

14 ngokuba waphuma etilongweni ukuba abe yinkosi, yebo, wazalwa embusweni wayo empofu.

15Ngabona bonke abaphilayo ababehamba phansi kwelanga bekanye nalowo mfana obeyakuma esikhundleni sakhe;

16kwakungekho ukuphela kwabantu bonke, bonke ayephambi kwabo; nokho abafika emuva abayikuthokoza ngaye. Impela nalokho kuyize nokufuna umoya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## UmShumayeli 5

### Ukumesaba uJehova

1 Gcina unyawo lwakho, lapho uya endlini kaNkulunkulu, ngokuba ukusondela ukuyokuzwa kungcono kunokunikela ngomhlatshelo weziwula, ngokuba azazi ukuthi zenza okubi.

2 Ungabi namawala ngomlomo wakho, nenhliziyo yakho mayingasheshi ukukhipha izwi phambi kukaNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu usezulwini, wena usemhlabeni; ngalokho amazwi akho mawabe yingcosana.

3 Ngokuba iphupho livela ngemisebenzi eminingi nephimbo lesiwula ngobuningi bamazwi.

4Lapho wenza isithembiso phambi kukaNkulunkulu, ungalibali ukusifeza, ngokuba akathokozi ngeziwula: feza lokhu okwethembisayo.

5Kungcono ukuba ungenzi isithembiso kunokuba uthembisa ungafezi.

6Ungavumeli umlomo wakho ukuba wonise inyama yakho, futhi ungasho phambi kwesithunywa sikaNkulunkulu ukuthi kuyiphutha; yini ukuba uNkulunkulu athukuthelele izwi lakho, achithe umsebenzi wezandla zakho, na?

7 Ngokuba lapho kukhona amaphupho amaningi, kukhona nokuyize namazwi amaningi, kepha wena yesaba uNkulunkulu.

8Uma ubona ukudlovelwa kwabampofu nokuphangwa kokwahlulela nokokulunga ezweni, ungamangali ngakho, ngokuba omkhulu uqaphela omkhulu kunaye, futhi kukhona nabakhulu kunabo.

9 Inkosi esebenzela amasimu iyinsizakalo yezwe kukho konke.

10Othanda imali akayikusutha ngemali, nothanda okuningi akaneliswa yizithelo; nalokho kuyize.

11Lapho okuhle kwanda, nabakudlayo bayanda; kulusizo luni kumninikho ngaphandle kokuba akubone ngamehlo akhe na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ubuthongo besisebenzi bumnandi, noma sidla okuyingcosana noma okuningi, kepha ukusutha kocebileyo akumvumeli ukuba alale.

13Kukhona ububi obudabukisayo engibubonile phansi kwelanga: ingcebo egcinelwe umniniyo ukuba imlimaze;

14 futhi uma ingcebo ichithwa ngengozi embi, indodana ayizalileyo ayinalutho esandleni sayo.

15Njengalokho aphuma esizalweni sikanina, uyakubuye amuke, ahambe ze njengasekufikeni kwakhe, engatholi lutho ngomshikashika wakhe, ahambe nalo esandleni sakhe.

16Nalokho kungububi obudabukisayo ukuthi uyamuka kukho konke njengokufika kwakhe; unanzuzoni ukuthi ushikashikele umoya na?

17 Yebo, zonke izinsuku zakhe zisebumnyameni nasosizini, nasekukhathazekeni okuningi, nasekuguleni, nasekuthukutheleni.

18 Bheka, engikubonile mina ukuthi kuhle futhi kumnandi kumuntu kungukudla, nokuphuza, nokubona okuhle kuwo wonke umshikashika wakhe awushikashikayo phansi kwelanga zonke izinsuku zokuphila kwakhe uNkulunkulu amnika zona; ngokuba lokhu kuyisabelo sakhe.

19Futhi bonke abantu uNkulunkulu abaphe ingcebo nemfuyo, abanike futhi namandla okudla kukho ukuba bathathe izabelo zabo, bathokoze ngomshikashika wabo lokho kuyisipho sikaNkulunkulu.

20Ngokuba akakhumbuli kakhulu izinsuku zokuphila kwakhe, lokhu uNkulunkulu emnika intokozo enhliziyweni yakhe.

## UmShumayeli 6

1Kukhona ububi engibubonile phansi kwelanga ukuthi bunzima phezu kwabantu:

2 umuntu uNkulunkulu amnika ingcebo, nemfuyo, nodumo, aze angasweli lutho lomphefumulo wakhe kukho konke akufisayo, uNkulunkulu angamniki

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

nokho amandla okudla kukho, kepha kudliwa ngumfokazi; lokho kuyize, kuyisifo esibi.

3Uma umuntu ezala abantwana abayikhulu, ehamba iminyaka eminingi, zibe ziningi izinsuku zeminyaka yakhe, kodwa umphefumulo wakhe ungasuthi ngokuhle, futhi angabi nakumbelwa, ngithi okuphuphumileyo kungcono kunaye,

4ngokuba kufika ngeze, kumuke ebumnyameni, igama lakho lisitshekelwa ngubumnyama.

5Nelanga akulibonanga, akwazi lutho; khona kunokuphumula kunaye.

6 Yebo, noma ephila iminyaka eyinkulungwane ephindwa kabili, engaboni okuhle, abayi bonke endaweni inye na?

7Wonke umshikashika womuntu wenzelwa umlomo wakhe, nokho iphango alaneliswa.

8 Ngokuba ohlakaniphileyo udlulelení isiwula, nompofu okwazi ukuhamba phambi kwabaphilileyo unantoni na?

9Kungcono ukubona kwamehlo kunokuzulazula kwesifiso; nalokhu kuyize nokufuna umoya.

10 Okukhona kwake kwabizwa ngegama; kwaziwa ukuthi umuntu uyakuba yini; akanakwahlulelana nonamandla kunaye.

11 Lokhu kukhona amazwi amaningi akwandisa okuyize, umuntu unanzuzoni na?

12Ngokuba ngubani okwaziyo okuhle okuyakuba ngokomuntu ekuhambeni kwakhe zonke izinsuku zokuhamba kwakhe okuyize aziqedayo njengesithunzi na? Ngubani ongatshela umuntu okuyakuba semva kwakhe phansi kwelanga na?

## UmShumayeli 7

### Ukudabuka nokuthokoza; ukulunga nokungalungi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Igama elihle lingcono kunamafutha amahle, nosuku lokufa lungcono
kunosuku lokuzalwa.

2 Kungcono ukuya endlini yokulila kunokuya endlini yedili, ngokuba lokho
kungukuphela kwabantu bonke; nophilayo makakubeke enhliziyweni yakhe.

3 Usizi lungcono kunokuhleka, ngokuba ngokudabuka kobuso inhliziyo
yenzelwa okuhle.

4 Inhliziyo yabahlakaniphileyo isendlini yokulila, kepha inhliziyo yeziwula
isendlini yentokozo.

5 Kungcono ukuzwa ukukhuza kohlakaniphileyo kunokuba umuntu ezwe
ukuhlabelela kweziwula.

6 Njengokucacamba kwezintathawe eziphansi kwekhanzi, kunjalo ukuhleka
kweziwula. Nalokho kuyize.

7 Impela ukucindezela kuyamhlanyisa ohlakaniphileyo, nokuthengwa
ngomvuzo kuchitha ingqondo.

8 Kungcono ukuphela kwendaba kunokuqala kwayo; onomoya obekezelayo
ungcono kunoziphakamisayo.

9 Ungasheshi ukuthukuthela emoyeni wakho, ngokuba ulaka luhlala ezifubeni
zeziwula.

10 Ungasho ukuthi: Kwenziwa kanjani ukuba izinsuku zokuqala zazizinhle
kunalezi na? Ngokuba awubuzi kanjalo ngokuhlakanipha.

11 Ukuhlakanipha kuhle njengefa, yebo, kunenzuzo kwabalibonayo ilanga,

12 ngokuba kusemthunzini wokuhlakanipha njengasemthunzini wemali,
kepha inzuzo yokwazi ingeyokuba ukuhlakanipha kulondoloza ukuphila
kwalowo onakho.

13 Bona umsebenzi kaNkulunkulu, ngokuba ngubani ongelula lokho
akugobileyo na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Yenama ngosuku lwenhlanhla, kepha ngosuku olubi qonda ukuthi nalolu uNkulunkulu ulwenzile njengalolo, ukuze umuntu angafumani lutho oluyakuba khona emva kwakhe.

15 Konke ngikubonile emihleni yami eyize: kukhona olungileyo obhubhile ekulungeni kwakhe, kukhona nomubi owelula ukuphila kwakhe ebubini bakhe.

16 Ungabi ngolungileyo ngokudluleleyo, ungazenzi ohlakaniphileyo kakhulu; uzichithelani na?

17Ungabi mubi ngokudluleleyo, ungabi yisiwula; uyakufelani kungakabi yisikhathi na?

18kuhle ukuba ubambelele kulokhu, yebo, ungabuyisi isandla sakho nakulokho, ngokuba owesaba uNkulunkulu uyakuphumelela kukho konke.

19 Ukuhlakanipha kumenza ohlakaniphileyo ukuba abe namandla kunababusi abayishumi abasemzini.

20 Ngokuba akukho muntu emhlabeni olungileyo kangaka ukuba enze okuhle, angoni.

21 Ungabeki inhliziyo yakho emazwini onke akhulunywayo, funa uzwe inceku yakho ikuthuka,

22 ngokuba kaninginingi inhliziyo yakho iyazi ukuba nawe ubathukile abanye.

23Konke lokho ngikuvivinyile ngokuhlakanipha, ngathi: Ngiyakuhlakanipha, Kepha kwakusala kude nami.

24 Okude nokujulile kakhulu, ngubani ongakufumana na?

25Ngase ngiphenduka ukuba inhliziyo yami yazi, ihlole, ifune ukuhlakanipha nendikimba yezindaba ukuyokwazi ububi ukuthi bungubuwula, nobuwula ukuthi bungubuhlanya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26 Ngase ngifumana okubaba kunokufa: owesifazane onhliziyo yakhe iyizingibe namanetha, nezandla zakhe ziyizibopho; omuhle phambi kukaNkulunkulu uyakuphunyuka kuye, kepha isoni siyakubanjwa nguye.

27 Bheka, nakhu engikufumene, uthi uMshumayeli: Ngibeka okunye kokunye ukuba ngithole indikimba yezindaba,

28 nokusafunwa ngumphefumulo wami, ngingakakufumani kodwa: indoda inye phakathi kwenkulungwane ngiyifumene, kepha owesifazane phakathi kwabo bonke labo angimfumananga.

29 Bheka, lokhu kuphela ngikufumene ukuthi uNkulunkulu wamenza umuntu waba qotho, kepha bona bafunile amacebo amaningi.

**UmShumayeli 8**

1 Ngubani onjengohlakaniphileyo na? Ngubani owazi ukuchasisela indaba na? Ukuhlakanipha komuntu kuyakhanyisa ubuso bakhe, nobulukhuni bobuso bakhe buyaguqulwa.

2 Ngithi: Gcina izwi lenkosi ngenxa yesifungo ngoNkulunkulu.

3 Ungasheshi ukusuka ebusweni bayo, ungemi endabeni embi, ngokuba yenza konke ekuthandayo.

4 Ngokuba izwi lenkosi liyabusa; ngubani ongasho kuyo ukuthi: Wenzani na?

5 Ogcina umyalo akayikwazi okubi: nenhliziyo yohlakaniphileyo iyakwazi isikhathi nokwahlulela,

6 ngokuba kukhona isikhathi nokwahlulela ezindabeni zonke; nokho ububi bomuntu bukhulu phezu kwakhe,

7 lokhu engazi okuyakuba khona, ngokuba ngubani ongamtshela ukuthi kuyakuba kanjani na?

8 Akukho muntu onamandla phezu komoya ukuba awuthiye, futhi akakho obusa phezu kosuku lokufa; ukukhululwa akukho empini, nobubi abunakukhulula umninibo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

9Ngabona konke lokho, ngabeka inhliziyo yami kuyo yonke imisebenzi eyenziwa phansi kwelanga ngesikhathi lapho umuntu ebusa omunye kube ngukulimala kwakhe.

10Kanjalo ngabona ukuthi ababi bembelwa, ababengenile bephuma endaweni engcwele, bababazeka emzini lapho kade benza okunjalo; nalokho kuyize.

11 Ngenxa yokuba ububi obenziwayo bungahlulelwa masinyane, ngalokho izinhliziyo zamadodana abantu phakathi kwawo zigcwele ukwenza okubi,

12 ngangokuba isoni, noma senza okubi kayikhulu, kuyandiswa nokho izinsuku zaso. Kanti nokho ngiyazi ukuthi kuzakuba kuhle kwabamesabayo uNkulunkulu, lokhu besaba phambi kobuso bakhe;

13kodwa akuyikuba kuhle kwababi, nemihla yabo ayiyikwandiswa njengesithunzi, lokhu abesabi phambi kukaNkulunkulu.

14 Kukhona okuyize okwenziwa emhlabeni kokuthi kukhona abalungileyo abehlelwa ngokomsebenzi wababi, nokuthi kukhona ababi abehlelwa ngokomsebenzi wabalungileyo; ngathi: Nalokho kuyize.

15Ngase ngibabaza intokozo, ngokuba umuntu akanakho okuhle phansi kwelanga kunokudla, nokuphuza, nokujabula; lokhu kuyakuhlala kuye emshikashikeni wakhe ezinsukwini zokuphila kwakhe aziphiweyo nguNkulunkulu phansi kwelanga.

16Lapho ngibeka inhliziyo yami ukukwazi ukuhlakanipha nokubona umshikashika owenziwa emhlabeni, ngokuba akakho obona ubuthongo ngamehlo akhe imini nobusuku,

17 ngase ngiqonda wonke umsebenzi kaNkulunkulu ukuthi umuntu akanakuwubamba umsebenzi owenziwa phansi kwelanga, ngokuba noma umuntu eshikashikeka kangakanani ukuwuhlola, angewuthole, yebo, nakuba ohlakaniphileyo ecabanga ukuthi uyawazi, akanakuwuthola.

## UmShumayeli 9

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[1]Ngokuba konke lokho ngakubeka enhliziyweni yami ukuhlola konke lokho ukuthi abalungileyo nabahlakaniphileyo nemisebenzi yabo kusesandleni sikaNkulunkulu; noma kuluthando noma kuyinzondo, akukho muntu okwaziyo; konke kusebusweni babo.

[2] Konke kungabehlela bonke, olungileyo nomubi, omuhle nohlambulukileyo nongcolileyo, onikela ngomhlatshelo nongenawo umhlatshelo, omuhle abe njengesoni, ofungayo njengowesaba isifungo.

[3]Kubi lokhu kukho konke okwenziwa phansi kwelanga ukuthi bonke behlelwa yinto inye; ngalokho izinhliziyo zamadodana abantu zigcwele ububi, nobuhlanya busezinhliziyweni zabo besekhona, andukuba baye kwabafileyo.

[4]Ohlangene nabo bonke abaphilayo kukhona ithemba kuye, ngokuba inja ephilayo ingcono kunengonyama efileyo.

[5]Ngokuba abaphilayo bayazi ukuthi bayakufa, kepha abafileyo abazi lutho, futhi abasenawo umvuzo, ngokuba ukukhunjulwa kwabo sekukhohlakele.

[6]Uthando lwabo, nokuzonda kwabo, nomhawu wabo sekuphelile, futhi abasenaso isabelo nanini kukho konke okwenziwa phansi kwelanga.

[7] Hamba udle isinkwa sakho ngentokozo, uphuze iwayini ngenhliziyo enhle, ngokuba uNkulunkulu usevumile imisebenzi yakho.

[8]Izingubo zakho mazibe mhlophe ngezikhathi zonke, nekhanda lakho malingasweli amafutha.

[9] Thokoza ngokuphila nomkakho omthandayo zonke izinsuku zokuphila kwakho okuyize, oziphiwayo phansi kwelanga zonke izinsuku zakho eziyize, ngokuba lokhu kuyisabelo sakho kulokho kuphila ngomshikashika wakho owushikashikayo phansi kwelanga.

[10] Konke isandla sakho esikufumanayo ukukwenza, kwenze ngamandla akho, ngokuba akukho msebenzi, namcabango, nakwazi, nakuhlakanipha endaweni yabafileyo, lapho uya khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

11 Ngabuye ngabona phansi kwelanga ukuthi ukujaha akuyi ngabanejubane, nokulwa ngamaqhawe, nesinkwa ngabahlakaniphileyo, nengcebo ngabaqondileyo, nomusa ngabanokwazi, ngokuba bonke bahlangabezana nesikhathi nethuba.

12 Ngokuba umuntu akasazi isikhathi sakhe; njengezinhlanzi ezibanjwa enetheni elibi nezinyoni ezibanjwa ogibeni, kanjalo amadodana abantu abekelwa isihibe ngesikhathi esibi, lapho siwehlela ngokuzumayo.

13Ngabona futhi ukuhlakanipha ngale ndlela phansi kwelanga, kwaba kukhulu kimi:

14kwakukhona umuzi omncane, unabantu abayingcosana phakathi kwawo; kwafika inkosi enkulu kuwo, yawuvimbezela, yakha izinqaba ezinkulu ngakuwo;

15 kepha kwafunyanwa kuwo indoda empofu ehlakaniphileyo; yawukhulula umuzi ngokuhlakanipha kwayo, kodwa nokho akakho okhumbula leyo ndoda empofu.

16 Ngase ngithi: Ukuhlakanipha kuhle kunamandla, kepha ukuhlakanipha kompofu kuyadelelwa, namazwi akhe awezwakali.

17Amazwi abahlakaniphileyo ezwakalayo ekuthuleni mahle kunokumemeza kobusa phakathi kweziwula.

18Ukuhlakanipha kungcono kunezikhali zokulwa, ngokuba oyedwa owonayo angachitha okuhle okuningi.

## UmShumayeli 10

### Ukuhlakanipha nobuwula

1Izimpukane ezifileyo zenza amafutha omthaki ukuba anuke, abile; kanjalo ubuwula obuncane bulingana nokuhlakanipha nodumo.

2Inhliziyo yohlakaniphileyo ingakwesokunene sakhe, kepha inhliziyo yesiwula ingakwesokhohlo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Yebo, nasendleleni esihamba ngayo isiwula, siyaphela ingqondo, sisho kubo
bonke ukuthi siyisiwula.

4 Uma umoya wombusi ukuvukela, ungashiyi indawo yakho, ngokuba
ukubekezela kuvimba izono ezinkulu.

5Kukhona ububi engibubonile phansi kwelanga, bunjengephutha elivela
kumbusi:

6ubuwula bubekwa ezindaweni eziningi eziphakemeyo, kepha abacebileyo
bahlala kweziphansi.

7Ngibonile izinceku zikhwele amahhashi, nezikhulu zihamba phansi
njengezinceku.

8 Omba umgodi uyakuwela kuwo, nodiliza ugange uyakulunywa yinyoka.

9Okhipha amatshe uyakulinyazwa yiwo, nobanda izinkuni uyakuba sengozini
ngazo.

10Uma insimbi ibuthuntu, umuntu engaloli usiko, uyakhamelela ngamandla;
kepha okusizayo ukuphumelelisa kungukuhlakanipha.

11Uma inyoka iluma ingakalunjwa, umlumbi akasizi lutho.

12 Amazwi omlomo wohlakaniphileyo anomusa, kepha izindebe zesiwula
ziyasigwinya sona.

13Ukuqala kwamazwi omlomo waso angubuwula, nokugcina kokukhuluma
kwaso kungubuhlanya obubi.

14 Isiwula siyandisa amazwi, nokho umuntu akazi okuyakuba khona; nalokho
okuyakuba ngasemva kwakhe, ngubani ongamtshela lokho na?

15Umshikashika weziwula uyaziqoba, ukuze zingazi nokuya emzini.

16 Maye kuwe lizwe onkosi yakho ingumntwana, nezikhulu zakho zinedili
ekuseni!

17Ubusisiwe wena lizwe onkosi yakho iyindodana yabakhulu, nezikhulu
zakho zinedili ngesikhathi, ziziqinise, zingadakwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Ngobuvila obukhulu indlu iyabola, nangokwenqena kwezandla iyavuza.

19 Idili lenzelwa ukuhleka, newayini liyenamisa ukuphila, kepha imali iyimpendulo yakho konke.

20 Ungayiqalekisi inkosi nasemicabangweni yakho, ungabathuki abacebileyo nasekamelweni lakho lokulala, ngokuba inyoni yezulu iyakulihambisa izwi, nokunamaphiko kuyakuyilanda indaba.

## UmShumayeli 11

### Konke kuyize leze

1Thuma isinkwa sakho ebusweni bamanzi, ngokuba uyakusifumana emva kwezinsuku eziningi.

2 Yabela abayisikhombisa nabayisishiyagalombili, ngokuba awukwazi okubi okuyakuba semhlabeni.

3Uma amafu egcwele imvula, ayayithulula emhlabeni; futhi uma kuwa umuthi ngaseningizimu noma ngasenyakatho, endaweni lapho uwa khona umuthi, uyakuba lapho.

4Oqaphela umoya akayikuhlwanyela; obheka amafu kayikuvuna.

5 Njengalokhu ungazi indlela yomoya ukuthi iphi, nokubunjwa kwamathambo esizalweni sokhulelweyo, kanjalo awuyazi nemisebenzi kaNkulunkulu owenza konke.

6Hlwanyela imbewu yakho kusasa, ungaphumuzi isandla sakho nakusihlwa, ngokuba awazi ukuthi yiyiphi eyakuphumelela, yilena noma yileyo, noma ziyakuba zinhle zombili ngokufanayo.

7Ukukhanya kumnandi, yebo, kuhle emehlweni ukubona ilanga.

8Noma umuntu ekhona iminyaka eminingi, makathokoze ngayo yonke, akhumbule nokho nezinsuku zobumnyama ukuthi njengokuba zizining, konke okufikayo kuyize.

### Iziluleko kwabasha

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Thokoza, nsizwa, ebusheni bakho, inhliziyo yakho ikuphe ukwenama emihleni yobunsizwa bakho, uhambe ngezindlela zenhliziyo yakho njengokubona kwamehlo akho, kepha yazi ukuthi ngakho konke lokho uNkulunkulu uyakukungenisa ekwahlulelweni.

10 Khipha usizi enhliziyweni yakho, udlulise okubi emzimbeni wakho, ngokuba ubusha nobunsizwa buyize.

## UmShumayeli 12

1 Futhi khumbula uMdali wakho emihleni yobusha bakho, zingakafiki izinsuku ezimbi, ingakasondeli iminyaka osho ngayo ukuthi: Angithokozi ngayo;

2 yebo, lingakabi mnyama ilanga, nokukhanya, nenyanga, nezinkanyezi, namafu engakabuyi emva kwemvula,

3 ngalolo suku lapho abalindi bendlu beyakuthuthumela, amadoda anamandla agobe, abasilikazi bayeke ngokuba beyingcosana, abalunguza emafasiteleni bafiphazelwe,

4 iminyango ivalwe esitaladini, lapho umsindo wokusila uncipha, umuntu avuke ngezwi lenyoni, izintombi zonke zokuhlabelela zithuliswe;

5 nalapho abantu besaba imimango izesabiso zibe sendleleni, umalimondi ukhahlele, intethe itotobe, izithelo zesihlahla sekaphari zingabe zisaba namandla, ngokuba umuntu useya endlini yakhe ephakade, nabalilayo bazulazula esitaladini;

6 yebo, lingakagqabuki igoda lesiliva, nokhamba lwegolide lungakaphahlazwa, nembiza ingakafi ngasemthonjeni, nesondo lingakaphuki ngasemgodini wamanzi,

7 uthuli lubuyele emhlabathini, njengokuba lwalunjalo, umoya ubuyele kuNkulunkulu owawunikayo.

8 Ize leze, usho uMshumayeli, konke kuyize.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Futhi ngokuba uMshumayeli wayehlakaniphile, wayefundisa abantu ukwazi, wazindla, waphenya walungisa izaga eziningi.

10 UMshumayeli wafuna ukuthola amazwi anamisayo afanele ukulotshwa, amazwi eqiniso.

11 Amazwi abahlakaniphileyo anjengezincijo, nezigaba zawo zinjengezipikili ezinamatheleyo, ephiwe nguMalusi munye.

12 Kepha phezu kwalana, ndodana yami, mawuxwaye; ukwenza izincwadi eziningi akunakuphela, nokufunda okuningi kukhathaza umzimba.

13 Nakhu ukuphela kwendaba, lapho sekuzwakele konke: Mesabe uNkulunkulu, ugcine imiyalo yakhe, ngokuba lokho kungokwabantu bonke.

14 Ngokuba uNkulunkulu uyakuyisa uyakuyisa yonke imisebenzi ekwahlulelweni kanye nakho konke okufihliweyo, noma kuhle noma kubi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# IsiHlabelelo seziHlabelelo

## IsiHlabelelo seziHlabelelo 1

**Umakoti ulangazelela umyeni**

1Isihlabelelo sezihlabelelo esingesikaSolomoni.

**Umakoti**:

2Makangange ngokwanga komlomo wakhe! Ngokuba uthando lwakho lumnandi kunewayini.

3Amafutha akho anephunga elimnandi; igama lakho linjengamafutha athululiweyo; ngalokho izintombi ziyakuthanda.

4Ngidonse emva kwakho, sigijime; inkosi isingingenisile emakamelweni ayo.

**Abangane**:

Siyakujabula, sithokoze ngawe, sikhulume ngothando lwakho kunewayini.

**Umakoti**:

Kufanele ukuba bakuthande.

5 Ngimnyama, kepha ngimuhle, madodakazi aseJerusalema, njengamatende akwaKedari, njengezilenge zikaSolomoni.

6 Ningangibuki ukuthi ngimnyamana, ngokuba ilanga lingifusile. Amadodana kamame angifutha, angenza umlindizivini, kepha isivini esingesami angisilindanga.

7Ngitshele wena othandwa ngumphefumulo wami ukuthi waluselaphi, uphumuzaphi umhlambi emini, ngokuba yini ukuba ngibe njengowesifazane odukileyo ngasemihlambini yabangane bakho na?

**Abangane**:

8Uma ungakwazi wena muhlekazi phakathi kwabesifazane, phuma uhambe ezinyathelweni zomhlambi, waluse amazinyane akho ngasematendeni abelusi.

**Ukuphendulana komyeni nomakoti Umnyeni**:

9 Ngikufanisa nehhashi lensikazi lezinqola zikaFaro, sithandwa sami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Izihlathi zakho zinhle kangakanani zinezintambo zobuhlalu, nentamo yakho ineminaka.

11Siyakukwenzela izintambo zobuhlalu begolide, namaqhosha esiliva.

**Umakoti**:

12Inkosi isahlezi ngasetafuleni layo inadi lami lathaphuka iphunga lalo.

13Othandiweyo wami ungumshuqulu wemure kimi, olele phakathi kwamabele ami.

14Othandiweyo wami uyihlukuzo lezimbali zehena ezivinini zase-Eni Gedi.

**Umnyeni**:

15 Bheka, umuhle, sithandwa sami! Bheka, umuhle! Unamehlo amajuba.

**Umakoti**:

16Bheka, umuhle, othandiweyo wami! Yebo, umnandi, nesilili sethu siluhlaza.

**Umnyeni**:

17Imishayo yendlu yethu iyimisedari, nemiqhadi iyimisayipuresi.

## IsiHlabelelo seziHlabelelo 2

**Umakoti**:

1Ngiyintebe yaseSharoni, nomnduze wezigodi.

**Umnyeni**:

2Njengomnduze phakathi kwameva, sinjalo isithandwa sami phakathi kwezintombi.

3Njengomapula phakathi kwemithi yasehlathini, unjalo othandiweyo wami phakathi kwamadodana. Ngahlala phansi emthunzini wakhe ngokwenama okukhulu, nesithelo sakhe sasimnandi emlonyeni wami.

4Ungingenisile endlini yewayini, nebhandela lakhe phezu kwami liluthando.

5 Ngiphaseni ngezigaxa zezithelo zomvini ezomileyo, ngihlumelele ngama-apula, ngokuba ngiyafa uthando.

6 Isandla sakhe sokhohlo siphansi kwekhanda lami, nesokunene siyangigona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Ngiyanifungisa, madodakazi aseJerusalema, ngezinsephe nangezindluzelekazi zasendle ukuba ningalunyakazisi, ningaluvusi uthando, lungakavumi.

### Isihlabelelo sothando somakoti

8Nanto izwi lothandiweyo wami! Bheka, uyeza eqa ezintabeni, etshekula emagqumeni.

9Othandiweyo wami unjengensephe noma njengesixhumu sendluzele; bheka, umi emva kodonga lwakwethu; uyalunguza emafasiteleni, ubonakala ngaseheleni.

10Othandiweyo wami wakhuluma, wathi kimi: Vuka, sithandwa sami, muhlekazi wami; woza sihambe,

11ngokuba bheka, ubusika budlulile; imvula isiphelile, yamuka;

12izimbali ziyabonakala emhlabeni, nesikhathi sokuthena imivini sesisondele, nezwi lehobhe liyezwakala ezweni lakithi.

13Umkhiwane uthela amakhiwane awo aluhlaza, imivini inezimbali, ithaphuka iphunga layo; vuka, sithandwa sami, muhlekazi wami; woza sihambe.

**Umnyeni**:

14 Juba lami elisemifantwini yamadwala nasekusithekeni kweziwa, mangibone ubuso bakho, ngizwe izwi lakho, ngokuba izwi lakho limnandi, nobuso bakho buhle.

15Sibambeleni izimpungushe, izimpungushe ezincane ezichitha izivini, ngokuba izivini zethu zinezimbali.

**Umakoti**:

16 Othandiweyo wami ungowami, mina ngingowakhe; uyalusa phakathi kweminduze.

17 Kuze kuphole ilanga, namathunzi abaleke, mawube njengensephe, wena othandiweyo wami, nanjengesixhumu sendluzele ezintabeni eziqhekezekileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## IsiHlabelelo seziHlabelelo 3

1 Ebusuku embhedeni wami ngamfuna othandwa ngumphefumulo wami; ngamfuna, kepha angimtholanga.

2Ngiyakuvuka, ngihambahambe emzini, ezitaladini nasezigcawini; ngiyakufuna othandwa ngumphefumulo wami; ngamfuna, kepha angimtholanga.

3 Abalindi bangifumana behambahamba emzini: Nimbonile othandwa ngumphefumulo wami na?

4 Ngangidlule kancane nje kubo; ngase ngimthola othandwa ngumphefumulo wami; ngambamba, angivumanga ukuba ahambe, ngaze ngamngenisa endlini kamame nasekamelweni lowangikhulisayo.

5 Ngiyanifungisa, madodakazi aseJerusalema, ngezinsephe nangezindluzelekazi zasendle ukuba ningalunyakazisi, ningaluvusi uthando, lungakavumi.

### Udwendwe lomthimba

6Ngubani owenyuka ehlane njengezinsika zomusi, eqhole ngemure nangenhlaka, nangawo onke amakha omthengi, na?

7Bheka, luhlaka lukaSolomoni! Amaqhawe angamashumi ayisithupha aluzungezile emaqhaweni akwa-Israyeli.

8Onke aphethe izinkemba, afundile ukulwa; yilowo nalowo muntu unenkemba yakhe okhalweni lwakhe ngokwesaba ebusuku.

9Inkosi uSolomoni izenzele uhlaka ngemithi yaseLebanoni.

10Yenza izinsika zalo ngesiliva, nephansi lalo ngegolide, nesihlalo salo ngokububende, ubuphakathi balo bugandaywe ngothando lwamadodakazi aseJerusalema.

11Phumani nina madodakazi aseJerusalema, nibone inkosi uSolomoni, inomqhele eyawuqheliswa ngunina ngosuku lokugcagca kwayo nangomhla wokuthokoza kwenhliziyo yayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## IsiHlabelelo seziHlabelelo 4

**Isihlabelelo somyeni ngobuhle bomakoti Umnyeni**:

1 Bheka, umuhle, sithandwa sami! Bheka, umuhle! Unamehlo amajuba emva kwemvakazi yakho; izinwele zakho zinjengomhlambi wezimbuzi owehla entabeni yakwaGileyadi.

2 Amazinyo akho anjengomhlambi wezimvukazi ezisand ukugundwa, ezikhuphuka zigeziwe, zinamawele zonke, kungekho neyodwa phakathi kwazo efelweyo.

3 Izindebe zakho zinjengomucu obomvu, umlomo wakho muhle; izihlathi zakho zinjengenxenye yepomegranati emva kwemvakazi yakho.

4 Intamo yakho injengombhoshongo kaDavide owakhiwe ngemihlobiso, okuphanyekwa kuwo amahawu ayinkulungwane, onke eyizihlangu zamaqhawe.

5 Amabele akho amabili anjengezixhumu ezimbili ezingamawele ensephe, ezidla phakathi kweminduze.

6 Lize liphole ilanga namathunzi abaleke, ngiyakuya entabeni yemure nasegqumeni lenhlaka.

7 Umuhle wonke, sithandwa sami, akukho sisihla kuwe.

8 Woza umuke nami eLebanoni, makoti wami, umuke nami eLebanoni, wehle esiqongweni sase-Amana, nasesiqongweni saseSeniri naseHermoni, simuke emihumeni yezingonyama, nasezintabeni zezingwe.

9 Ungaphucile inhliziyo yami, dadewethu, makoti wami; ungaphucile inhliziyo yami ngelinye lamehlo akho, ngomgexo munye wentamo yakho.

10 Lumnandi kangakanani uthando lwakho, dadewethu, makoti wami! Luhle kangakanani uthando lwakho, kunewayini, nephunga lamafutha akho kunamakha onke!

11 Izindebe zakho, makoti wami, ziyaconsa izinyosi; uju nobisi kukhona phansi kolimi lwakho, nephunga lezambatho zakho linjengephunga laseLebanoni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Uyinsimu ehluthulelweyo, dadewethu, makoti wami, umthombo ohluthulelweyo nesiphethu esibekwe uphawu.

13Amahlumela akho ayihlathi lamapomegranati anezithelo ezinqabileyo, ihena kanye nenadi,

14inadi nesafroni, nomhlanga nokinamona, kanye nemithi yonke yenhlaka, nemure nomhlaba, nawo onke amakha amahle.

15Siphethu sensimu, mthombo wamanzi aphilayo, sifufula saseLebanoni!

**Ukuphendulana komyeni nomakoti Umakoti**:

16 Vuka, moya wasenyakatho, uze wena Ningizimu, uphephethe ensimini yami, ukuze amakha ayo athaphuke; othandiweyo wami makangene ensimini yakhe, adle izithelo zayo ezinqabileyo.

## IsiHlabelelo seziHlabelelo 5

**Umnyeni**:

1Sengingenile ensimini yami, dadewethu, makoti wami; ngiyabutha imure lami namakha ami, ngiyadla amakhekheba ami kanye nezinyosi zami, ngiyaphuza iwayini lami kanye nobisi lwami.

**Abangane**:

Yidlani, bangane, niphuze, nisuthe ngothando.

**Ukulangazela komakoti Umakoti**:

2 Bengilele, kepha inhliziyo yami ibiphapheme; kuyizwi lothandiweyo wami elingqongqotha lithi: Ngivulele, dadewethu, sithandwa sami, juba lami, opheleleyo wami, ngokuba ikhanda lami ligcwele amazolo, nesihluthu sami amaconsi asebusuku.

3Ngikhumulile isambatho sami, ngingasifaka kanjani? Ngigezile izinyawo zami, ngingazingcoliselani na?

4Othandiweyo wayesengenisa isandla sakhe embotsheni, izibilini zami zamhawukela.

5Ngavuka ukumvulela othandiweyo wami; izandla zami zaconsa imure, neminwe yami imure elimanzi phezu kwezibambo zesihluthulelo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Ngamvulela-ke othandiweyo wami, kepha othandiweyo wami ubephendukile, wamuka; umphefumulo wami wawuphela ngokukhuluma kwakhe, ngamfuna, kepha angamthola; ngambiza, kodwa akaphendula.

7 Abalindi bangifumana behambahamba emzini, bangishaya, bangilimaza; abalindi bezingange bangaphuca imvakazi yami.

### Ukuphendulana komyeni nomakoti

8 Ngiyanifungisa, madodakazi aseJerusalema, uma nimfumana othandiweyo wami, ukuba nimtshele ukuthi ngiyafa uthando.

**Abangane**:

9 Othandiweyo wakho udlula ngani omunye, wena muhlekazi phakathi kwabesifazane, na? Othandiweyo wakho udlula kuphi omunye ukuba usifungise kanjalo na?

**Umakoti**:

10 Othandiweyo wami uyakhazimula ngobumhlophe, ubomvu, uyabonakala phakathi kwezigidi.

11 Ikhanda lakhe liyigolide elihle elicwengekileyo; isihluthu sakhe sinententezo, simnyama njengegwababa.

12 Amehlo akhe anjengamajuba ngasemifuleni yamanzi, ageziwe ngobisi ehlezi ngasemifudlaneni egcweleyo.

13 Izihlathi zakhe ziyizindima zamakha ezithaphuka iphunga, nezindebe zakhe ziyiminduze econsa imure elimanzi.

14 Izingalo zakhe ziyizindilinga zegolide, okufakwe kuzo amakrisolithe; isidumbu sakhe sinjengokwenziwe ngophondo lwendlovu, sembesiwe ngamasafire.

15 Imilenze yakhe iyizinsika zetshe elimhlophe ezisekelwe ezinyaweni zegolide elihle; ukubukeka kwakhe kunjengeLebanoni, kukhethekile njengemisedari.

16 Umlomo wakhe umnandi, uyanxaneleka wonke; yilowo ongothandiweyo wami, yilowo ongumngane wami, nina madodakazi aseJerusalema.

## IsiHlabelelo seziHlabelelo 6

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

**Abangane**:

1 Othandiweyo wakho uyephi, wena muhlekazi phakathi kwabesifazane;
ushonephi othandiweyo wakho ukuba simfune kanye nawe na?

2 Othandiweyo wami wehlele ensimini yakhe, ezindimeni zamakha, ukuba
aluse ensimini, akhe iminduze.

**Umakoti**:

3 Mina ngingowothandiweyo wami, nothandiweyo wami ungowami, lapho
alusa phakathi kweminduze.

**Umyeni ubabaza umakoti wakhe**

4 Umuhle, sithandwa sami, njengeTirisa, umnandi njengeJerusalema, kepha
wesabeka njengezimpi.

5 Susa amehlo akho kimi, ngokuba ayangiphaphathekisa; izinwele zakho
zinjengomhlambi wezimbuzi owehla entabeni yakwaGileyadi.

6 Amazinyo akho anjengomhlambi wezimvukazi ezikhuphuka zigeziwe,
zinamawele zonke, kungekho neyodwa phakathi kwazo efelweyo.

7 Izihlathi zakho zinjengenxenye yepomegranati emva kwemvakazi yakho.

8 Amakhosikazi angamashumi ayisithupha, nezancinza zingamashumi
ayisishiyagalombili, nezintombi azinakubalwa.

9 Kepha ijuba lami, opheleleyo wami munye nje; ungoyedwa kunina,
ungokhethiweyo wakhe owamzalayo. Amantombazana ayambona, athi
ubusisiwe; amakhosikazi nezancinza bayamdumisa.

**Abangane**:

10 Ngubani lo olunguza njengokusa, emuhle njengenyanga, ecwebile
njengelanga, kepha esabeka njengezimpi, na?

**Umnyeni**:

11 Ngehlela ensimini yamantongomane ukuyobona uhlaza lwesigodi,
nokubona uma imivini iqhakazile, namapomegranati uma ekhahlele.

12 Ngingakakwazi ukulangazela kwami kwangibeka enqoleni yabantu
benkosana yami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

**Abangane**:

13Phenduka, phenduka, mShulamiti! Phenduka, phenduka ukuba sikubuke!

**Umnyeni**:

Nibonani kumShulamiti? Kunjengokusina kwaseMahanayimi.

## IsiHlabelelo seziHlabelelo 7

### Ubuhle bomakoti osinayo

1Zinhle kangakanani izinyawo zakho ezicathulweni zazo, wena ndodakazi yesikhulu! Amathanga akho ayizindilinga anjengemihlobiso, umsebenzi wezandla zengcweti.

2Inkaba yakho ingumkhele oncweliweyo, ongasweli iwayini elixutshanisiweyo; isisu sakho siyinqwaba kakolweni, ibiyelwe ngeminduze.

3 Amabele akho amabili anjengezixhumu ezimbili ezingamawele ensephe.

4 Intamo yakho injengoMbhoshongo woPhondo lweNdlovu; amehlo akho angamachibi aseHeshiboni ngasesangweni laseBati Rabimi; impumulo yakho injengombhoshongo waseLebanoni obhekene neDamaseku.

5 Ikhanda lakho kuwe linjengeKarmeli, nomyeko wekhanda lakho unjengokububende; kuboshiwe inkosi ngesiyendane.

### Umyeni ukhuluma ngothando lwakhe

6 Umuhle, umnandi kangakanani wena othandwa ngenjabulo!

7Isimo sakho siyisundu, namabele akho omabili anjengamahlukuzo.

8 Ngathi: Ngiyakukhwela esundwini, ngibambe amagatsha alo. Amabele akho mawabe ngamahlukuzo omvini, nephunga lokuphefumula kwakho njengama-apula,

9nomlomo wakho njengewayini elihle elihamba lehle kamnandi, lewuka ngezindebe nangamazinyo.

**Umnyeni**:

10 Mina ngingowothandiweyo wami, uyanginxanela.

11Woza wena othandiweyo wami, siye endle, silale emizaneni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Masivuke ekuseni, siye ezivinini, sibone uma umvini uqhakazile, nezimbali zawo uma zivulekile, namapomegranati uma ekhahlele. Lapho ngiyakukunika uthando lwami.

13Amamandragora athaphuka iphunga, nangaseminyango yethu kukhona izinhlobo zonke zezithelo ezinqabileyo, ezintsha nezindala, engizibekele wena othandiweyo wami.

## IsiHlabelelo seziHlabelelo 8

1Sengathi nga unjengomfowethu owancela amabele kamame! Uma bengikufumana phandle, bengiyakukwanga ngingadelelwa muntu.

2 Bengiyakukuhola, ngikuyise endlini kamame; ubuyakungifundisa; bengiyakukuphuzisa iwayini eliyolisiweyo, amanzi ompomegranati wami.

3 Isandla sakhe sokhohlo besiyakubaphansi kwekhanda lami, nesokunene sakhe besiyakungigona.

4 Ngiyanifungisa, madodakazi aseJerusalema, ukuba ningalunyakazisi, ningaluvusi uthando, lungakavumi.

**Abangane**:

5Ngubani owenyuka ehlane encike kothandiweyo wakhe na?

**Umakoti**:

Phansi komapula ngakuvusa; lapho unyoko wayenemihelo ngawe, khona lapho wayenemihelo owakuzalayo.

6Ngifake njengophawu enhliziyweni yakho, njengophawu engalweni yakho, ngokuba uthando lunamandla njengokufa; isikhwele silukhuni njengendawo yabafileyo; amalangabi alo angamalangabi omlilo, ilangabi likaJehova.

7Amanzi amaningi awanakulucima uthando, nemifula ayinakuluminzisa; uma umuntu ebeyakunika yonke impahla yendlu yakhe ngothando, nokho ubeyakwaliwa nokwaliwa.

**Umakoti nabafowabo Abangane**:

8Sinodadewethu omncane, kanawo amabele; siyakwenza njani ngodadewethu ecelwa na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

9 Uma elugange, siyakwakha phezu kwakhe umbhoshongwana wesiliva; uma eyisicabha, siyakumvalela ngamapulangwe omsedari.

**Umakoti**:

10 Ngilugange, namabele ami anjengemibhoshongo; khona ngaba semehlweni akhe njengofumene ukuthula.

### Ingcebo enkulu kunekaSolomoni

11 USolomoni wayenesivini eBali Hamoni; wasinika isivini kubaphathi; baletha, kwaba yilowo nalowo, izinhlamvu eziyinkulungwane zesiliva ngezithelo zaso.

12 Isivini esingesami siphambi kwami; inkulungwane mayibe ngeyakho, Solomoni, namakhulu amabili abe ngawabaphathi bezithelo zaso.

**Umyeni nomakoti bayabizana Umnyeni**:

13 Wena ohlala emasimini, abangane balalela izwi lakho; ake ungizwise lona.

**Umakoti**:

14 Shesha, othandiweyo wami, ufane nensephe nesixhumo sendluzele ezintabeni zamakha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# U-Isaya

## U-Isaya 1

### Ukusolwa kwesizwe sakwaJuda

1 Umbono ka-Isaya, indodana ka-Amose, awubonayo ngoJuda neJerusalema emihleni ka-Uziya, noJothamu, no-Ahazi, noHezekiya, amakhosi akwaJuda.

2 Yizwani, mazulu, ubeke indlebe, mhlaba, ngokuba uJehova ukhuluma uthi: Ngikhulisile ngiphakamisile abantwana, kepha bangihlubukile.

3 Inkabi iyamazi umniniyo nembongolo umkhombe womnikaziyo; u-Israyeli akazi, isizwe sami asiqondi.

4 Hawu, sizwe esonayo, bantu abasindwe ngububi, nzalo yababi, bantwana abonakeleyo! Bamshiyile uJehova, bamdelele oNgcwele ka-Israyeli, babuyele emuva.

5 Ningabe nisashaywa kuphi, nisaqhubeka ukwambuka, na? Lonke ikhanda liyagula, nayo yonke inhliziyo ibuthakathaka.

6 Kusukela ematheni onyawo kuze kube sekhanda akukho okuphelele, ngamanxeba nje, nemivimbo, nemidwa emisha; akukhanywanga ubovu, akuboshwanga, akuthanjiswanga ngamafutha.

7 Izwe lakini liyihlane, imizi yenu ishisiwe ngomlilo, umhlabathi wenu udliwa ngabafokazi phambi kwenu, kuyihlane njengokuchitha kwabafokazi.

8 Indodakazi yaseSiyoni isele njengexhiba esivinini, nanjengedladla ensimini yamaselwa, nanjengomuzi ovinjezelweyo.

9 Uma uJehova Sebawoti ebengasishiyelanga insali, besiyakuba njengeSodoma, sifane neGomora.

10 Yizwani izwi likaJehova nina babusi baseSodoma, nibeke indlebe ekufundiseni kukaNkulunkulu wethu nina bantu baseGomora.

11 Iyini kimi imihlatshelo yenu eminingi na? usho uJehova; ngisuthile ngeminikelo yokushiswa yezinqama nangeyamanoni amathole

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

akhuluphalisiweyo; negazi lezinkunzi nelamawundlu nelezimpongo angithokozi ngalo.

12Lapho nifika ukubona ubuso bami, ngubani okubize lokhu esandleni senu ukuba ninyathele amagceke ami na?

13 Ningabe nisaletha iminikelo eyize yempuphu; impepho iyisinengiso kimi; ezokwethwasa kwenyanga namasabatha nokubiza imihlangano angivumi ububi kanye nemikhosi.

14Ezokwethwasa zenu kwenyanga nemikhosi yenu emisiweyo kuyazondwa ngumphefumulo wami; kungumthwalo phezu kwami, ngikhathele ngukukuthwala.

15 Lapho nelula izandla zenu, ngiyakufihla kini amehlo ami; yebo, lapho nenza imikhuleko eminingi, angiyikuzwa; izandla zenu zigcwele igazi.

16Gezani, nihlanzeke, nisuse ububi bezenzo zenu phambi kwamehlo ami, niyeke ukwenza okubi.

17 Fundani ukwenza okuhle, nifune ukwahlulela, niqondise abacindezeli, nahlulele izintandane, nimele umfelokazi.

18 Wozani-ke, sithethe indaba, usho uJehova; noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakuba mhlophe njengeqhwa; noma zibomvu njengokububende, ziyakuba njengoboya bezimvu.

19 Uma nivuma, nilalela, niyakudla okuhle kwezwe;

20 kepha uma nala, nihlubuka, niyakudliwa yinkemba, ngokuba umlomo kaJehova ukhulumile.

21 Yeka umuzi othembekileyo waphenduka, waba yisifebe, wena owawugcwele ukwahlulela! Ukulunga kwakuhlezi khona, kepha manje ababulali.

22 Isiliva lakho seliphendukile amanyela; iwayini lakho lixubene namanzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Izikhulu zakho ziyizihlubuki nabangane bamasela; bonke bathanda izipho, balandela imivuzo; abahluleli izintandane, nendaba yomfelokazi ayifinyeleli kubo.

24 Ngalokho ithi iNkosi uJehova Sebawoti, uMninimandla ka-Israyeli: E, ngiyakuzikhulula kwabamelene nami, ngiziphindisele ezitheni zami,

25 ngibuyisele isandla sami kuwe, ngicwengisise impela amanyela akho, ngisuse lonke ithini lakho,

26 ngibuyisele abahluleli bakho njengakuqala, nabeluleki bakho njengasekuqaleni, andukuba ubizwe ngokuthi uMuzi Wokulunga, uMuzi Othembekileyo.

27 ISiyoni liyakuhlengwa ngokwahlulela nabaphendukayo kulo ngokulunga.

28 Izihlubuki nezoni ziyakubhujiswa kanyekanye, nabamshiyayo uJehova bayakuqedwa.

29 Yebo, bayakuba namahloni ngama-oki enawanxanelayo, niyangaze ngamasimu enawakhethayo.

30 Ngokuba niyakuba njenge-oki elimaqabunga alo abunile, nanjengensimu engenamanzi.

31 Abanamandla bayakuba njengefilakisi, nemisebenzi yabo njengenhlansi; bayakusha bobabili kanyekanye, akuyikubakho ocimayo.

## U-Isaya 2

### Intaba yendlu kaJehova

1 Indaba ayibonayo u-Isaya indodana ka-Amose ngoJuda neJerusalema.

2 Kuyakuthi ngezinsuku ezizayo intaba yendlu kaJehova iqiniswe esiqongweni sezintaba, iphakame kunamagquma, nezizwe zonke ziyakugobhozela khona.

3 Abantu abaningi bayakuhamba, bathi: Wozani sikhuphukele entabeni kaJehova endlini kaNkulunkulu kaJakobe; uyakusifundisa izindlela zakhe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

sihambe emikhondweni yakhe, ngokuba umthetho uyakuvela eSiyoni, nezwi likaJehova eJerusalema.

4 Uyakwahlulela phakathi kwezizwe, anqume phakathi kwabantu abaningi; bayakukhanda izinkemba zabo zibe ngamakhuba, nemikhonto yabo ibe ngocelemba; isizwe asiyikuphakamisela isizwe inkemba, zingabe zisafunda ukulwa.

5 Wena ndlu kaJakobe, woza sihambe ekukhanyeni kukaJehova.

### Usuku lukaJehova

6 Ngokuba ushiyile abantu bakho, indlu kaJakobe, lokhu begcwele ezasempumalanga, behlola imihlola njengamaFilisti, bexhawulana nabantwana babezizwe.

7 Izwe lakubo ligcwele isiliva negolide, akukho ukuphela kwengcebo yabo; izwe lakubo ligcwele futhi namahhashi, nokuphela kwezinqola akukho.

8 Izwe lakubo ligcwele futhi nezithombe; bakhuleka kokwenziwe yizandla zabo nakwekwenzileyo iminwe yabo.

9 Kepha abantu bayakufoliswa, namadoda ayakuthotshiswa; abayikuthethelelwa.

10 Ngena edwaleni, ucashe othulini ngokwesabeka kukaJehova nangodumo lobukhosi bakhe.

11 Amehlo omuntu aziphakamisileyo ayakuthotshiswa, nokuzikhukhumeza kwamadoda kuyakufola, kuphakame uJehova kuphela ngalolo suku.

12 Ngokuba uJehova Sebawoti unosuku oluyakuba phezu kwakho konke okuzidlayo nokuzikhukhumezayo, naphezu kwakho konke okuphakemeyo, kuthotshiswe,

13 naphezu kwayo yonke imisedari yaseLebanoni, emide nephakemeyo, naphezu kwawo onke ama-oki aseBashani,

14 naphezu kwazo zonke izintaba ezinde, naphezu kwawo onke amagquma aphakemeyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[15]naphezu kwayo yonke imibhoshongo ephakemeyo, naphezu kwazo zonke izingange eziqinisiweyo,

[16]naphezu kwayo yonke imikhumbi yaseTharishishi, naphezu kwayo yonke imikhunjana enxanelekayo.

[17]Ukuzikhukhumeza kwabantu kuyakufoliswa, nokuziphakamisa kwamadoda kuyakuthotshiswa, kuphakame uJehova kuphela ngalolo suku,

[18]ziphele izithombe, zithi nya.

[19]Bayakungena emihumeni yamadwala nasemigodini yomhlaba ngokwesabeka kukaJehova nangodumo lobukhosi bakhe, lapho evuka ukushaya umhlaba ngovalo.

[20] Ngalolo suku abantu bayakulahla kuwo amavukuzi nakuwo amalulwane izithombe zabo zesiliva nezithombe zabo zegolide, abazenzele zona ukuba bakhuleke kuzo,

[21]ukuze bangene emihumeni yamadwala nasemifantwini yeziwa ngokwesabeka kukaJehova nangodumo lobukhosi bakhe, lapho evuka ukushaya umhlaba ngovalo.

[22] Bayekeni abantu okusemakhaleni abo kukhona ukuphefumula nje, ngokuba babalwa njengantoni na?

## U-Isaya 3

### Incithakalo nendlala

[1] Ngokuba bheka, iNkosi uJehova Sebawoti iyasusa eJerusalema nakwaJuda uzime nodondolo, lonke uzime lwesinkwa nalo lonke uzime lwamanzi:

[2]amaqhawe namadoda empi, abahluleli nabaprofethi, ababhuli namalunga,

[3]izinduna zamashumi ayisihlanu nabantu abanodumo, abeluleki nezingcweti ezihlakaniphileyo, nabanolwazi lokulumba.

[4] Ngiyakubanika abafana babe yizikhulu zabo, nezingane ziyakubabusa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Abantu bayakucindezelana, kube yilowo nalowo, yebo, yilowo nalowo nomakhelwane wakhe; abantwana bayakubhensela abadala, nabadelelekileyo abanodumo.

6Lapho umuntu eyakubamba umfowabo endlini kayise ethi: Wena unengubo, yiba ngumbusi wethu, le ncithakalo ibe phansi kwesandla sakho,

7ngalona lolo suku uyakudazuluka athi: Angiyikuba ngumelaphi, ngokuba endlini yami akukho sinkwa, akukho ngubo; ningangibeki umbusi wabantu.

8Ngokuba iJerusalema likhubekile, noJuda uwile, lokhu izilimi zabo nezenzo zabo ziphambene noJehova ukucunula amehlo enkazimulo yakhe.

9 Ukukhetha kwabo ubuso kuyafakaza ngabo; benza izono zabo obala njengeSodoma, abazifihli. Maye kuyo imiphefumulo yabo! Ngokuba bazenzele okubi.

10 Yishoni kolungileyo ukuthi kuyakuba kuhle kuye, ngokuba bayakudla izithelo zezenzo zabo.

11 Maye komubi! Kuyakuba kubi kuye, ngokuba uyakubuyiselwa izenzo zezandla zakhe.

12 Abantu bami-ke izingane ziyabacindezela, nabesifazane bayababusa. O bantu bami, abaniholayo bayanidukisa; bachitha indlela yemikhondo yakho.

13 UJehova usesukumile ukuyokulwa, umi ukuthetha amacala ezizwe.

14 UJehova uyakungena ekwahluleleni namalunga abantu bakhe nezikhulu zabo ngokuthi: Yinina eniqedile isivini, impango yabampofu isezindlini zenu.

15Nichobozeleni abantu bami, nigaye ubuso babampofu, na? isho iNkosi uJehova Sebawoti.

### Ukulahlwa kwamadodakazi aseSiyoni

16Wathi futhi uJehova: Ngenxa yokuba amadodakazi aseSiyoni eziphakamisa, ehamba elula izintamo, eqhikiza amehlo, ehamba ecokama ekuhambeni kwawo, ekhenceza ngezinyawo zawo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 ngalokho iNkosi iyakuzenza izimpandla izinkakhayi zamadodakazi aseSiyoni, uJehova awanqunise.

18Ngalolo suku iNkosi iyakususa imihlobiso yawo: izigqizo, nemiqhele, nezimbedu ezinjengenyanga,

19neziqhaza, namasongo, nezimvakazi,

20nezigqoko, nemihlobiso yemilenze, nezibhamba, nemifuma, neziqu,

21nezindandatho, namacici ekhala,

22nezambatho zemikhosi, nezangaphezulu, namatshali, nezinqalathi,

23nezibuko, nelineni elicolekileyo, nemishuqulo, nezilembu.

24Kuyakuthi esikhundleni samakha kube ngukubola, nasesikhundleni sebhande igoda, nasesikhundleni sezinwele ezilungisiweyo impandla, nasesikhundleni sesidiya isibhamba sendwangu yamasaka, nasesikhundleni sobuhle isishada.

25Amadoda akho ayakuwa ngenkemba namaqhawe akho ngokulwa.

26 Amasango alo ayakukhala, alile; liyakuba yize, lihlale emhlabathini.

## U-Isaya 4

1Ngalolo suku abesifazane abayisikhombisa bayakubamba indoda inye, bathi: Siyakudla isinkwa sethu, sembathe izingubo zethu. Masibizwe kuphela ngegama lakho, ususe ihlazo lethu.

### Inkazimulo yaseSiyoni

2Ngalolo suku ihlumela likaJehova liyakuba lihle, libe nenkazimulo, nezithelo zomhlaba ziyakuba nodumo nobuhle kwabaphunyukileyo bakwa-Israyeli.

3 Kuyakuthi yena oshiyiwe eSiyoni naye osele eJerusalema, bathiwe bangcwele, bonke abalotshelwe ukuphila eJerusalema,

4 lapho iNkosi igezile insila yamadodakazi aseJerusalema, nalapho isihlanzile igazi laseJerusalema phakathi kwalo ngomoya wokwahlulela nangomoya wokushisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 UJehova uyakudala phezu kwayo yonke indawo yentaba yaseSiyoni naphezu kwemihlangano yayo ifu nomusi emini nokukhanya kwelangabi lomlilo ebusuku, ngokuba phezu kwayo yonke inkazimulo kuyakuba khona isivikelo.

6 Kuyakuba khona idokodo, libe ngumthunzi ekushiseni kwemini nesiphephelo nesivikelo esivunguvungwini nasemvuleni.

## U-Isaya 5

### Isivini sikaJehova

1 Mangihlabelele ngothandiweyo wami, isihlabelelo sothandiweyo wami ngesivini sakhe. Othandiweyo wami wayenesivini egqumeni elivundile kakhulu;

2wasimba, wakhipha amatshe aso, wasitshala ngomvini omuhle, wakha isiqongo sokulinda phakathi kwaso, waqopha isikhamo kuso, wethemba ukuthi siyakuthela izithelo zomvini, kepha saveza izithelo zasendle.

3 Manje nina enakhileyo eJerusalema namadoda akwaJuda, ake nahlulele phakathi kwami nesivini sami.

4 Nga kwenziwani futhi esivinini sami engingakwenzanga kuso na? Kungani ukuba lapho ngithembe ukuthi siyakuthela izithelo zomvini, saveza izithelo zasendle, na?

5 Sengiyakunitshela engiyakukwenza kuso isivini sami: ngiyakususa uthango lwaso, ukuze sidliwe, ngidilize ugange lwaso, ukuze sinyathelwe.

6Ngiyakusenza sibe yincithakalo; asiyikuthenwa, asiyikulinywa, kepha kuyakuvela amakhakhasi nameva; futhi ngiyakuyala amafu ukuba anganisi imvula phezu kwaso.

7Ngokuba isivini sikaJehova Sebawoti siyindlu ka-Israyeli, namadoda akwaJuda ayisithombo sakhe esithandekayo; wabheka ukwahlulela, kepha bheka, ngukucindezela, yebo, ukulunga, kepha bheka, ngukukhala.

### Amazwi okwahlulela okubi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Wo kubona abahlanganisa indlu nendlu, besondeza insimu nensimu, kuze
kungabe kusaba khona indawo, kwakhe nina nodwa emhlabeni!

9 UJehova Sebawoti wathi ezindlebeni zami: Impela izindlu eziningi ziyakuba
yincithakalo, nezinkulu nezinhle zingabi namuntu ohlala kuzo.

10 Ngokuba ama-eka ayishumi esivini ayakuthela ibhati elilodwa, nehomere
lembewu liyakuthela i-efa nje.

11 Wo kubona abavuka ekuseni, ukuze balandele uphuzo olunamandla,
balibale kuze kuhlwe, bashe iwayini!

12 Ihabu nogubhu, isigubhu negenkle, newayini kukhona emadilini abo,
kepha abanakekeli imisebenzi kaJehova, nezenzo zezandla zakhe abaziboni.

13 Ngalokho abantu bami bayathunjwa bengazi, nabadumileyo babo
bayalamba, nezixuku zabo zigangathekile ngokoma.

14 Ngalokho indawo yabafileyo yandisile isifiso sayo, yavula umlomo wayo
ngokungalinganiswayo; kwehlela kuyo amakhosi abo, nesixuku sabo
esixokozelayo, kanye nabajabulayo phakathi kwabo.

15 Abantu bayafoliswa, namadoda ayathotshiswa, namehlo abaziphakamisayo
ayathotshiswa,

16 kepha uJehova Sebawoti uphakeme ekwahluleleni, uNkulunkulu oNgcwele
ungcwelisiwe ngokulunga.

17 Amawundlu ayakuklaba njengasemadlelweni awo, nasezincithakalweni
zabacebileyo kuyakuklaba amazinyane.

18 Wo kubona abadonsa ukona ngezintambo zamanga, nezono kungathi
ngamagoda ezinqola,

19 abasho ukuthi: Makaphuthume, asheshise umsebenzi wakhe ukuba
siwubone, kusondele isiluleko soNgcwele ka-Israyeli, sifike ukuba sisazi!

20 Wo kubona abasho okubi ukuthi kungokuhle, nokuhle ukuthi kungububi,
ababeka ubumnyama bube ngukukhanya, nokukhanya kube ngubumnyama,
babeke nokubabayo kube ngubumtoti, nobumtoti bube ngokubabayo!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

21 Wo kubona abahlakaniphile emehlweni abo nabaqondile ekuboneni kwabo!

22Wo kubona abangamaqhawe ngokuphuza iwayini namadoda anamandla ngokuxubanisa uphuzo olunamandla,

23 abathetha ababi ngenxa yemivuzo, basuse ukulunga kwabalungileyo!

24 Ngalokho njengolimi lomlilo ludla amabibi, nezikhotha ezomileyo zizika elangabini, impande yabo iyakuba njengokubola, nembali yabo iyakuthuquka njengebhuqu, ngokuba balahlile umthetho kaJehova Sebawoti, balidelela izwi loNgcwele ka-Israyeli.

25 Ngalokho intukuthelo kaJehova iyavuthela isizwe sakhe; welulela isandla sakhe kuso, uyasishaya; izintaba ziyathuthumela, nezidumbu zabo ziyimfucumfucu phakathi ezitaladini; kukho konke lokhu intukuthelo yakhe ayibuyi, isandla sakhe siseluliwe.

26 Uyakuphakamisela isizwe esikude ibhandela, asihlabele ikhwelo ekugcineni komhlaba; bheka, uyeza masinyane ngejubane.

27Akakho oyakukhathala, akhubeke kuso; akakho oyakozela, alale; ibhande lezinkalo zabo aliyikuthukuluka, nomchilo wezicathulo zabo awuyikugqabuka,

28bona abamicibisholo yabo ibukhali, nayo yonke iminsalo yabo insaliwe; izinyawo zamahhashi abo ziyakubalwa njengensengetsha, namasondo abo njengesivunguvungu.

29Ukubhonga kwabo kunjengokwengonyamakazi, bayakubhonga njengamabhongo ebhubesi, yebo, bayakugwavuma, babambe impango yabo, bamuke nayo, kungekho oyophulayo.

30Bayakugwavuma phezu kwabo ngalolo suku njengokuduma kolwandle; uma umuntu ebuka umhlaba, bheka, naso isigayegaye sobumnyama, nokukhanya kwenziwe mnyama ngamafu awo.

**U-Isaya 6**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Ngomnyaka wokufa kwenkosi u-Uziya ngabona uJehova ehlezi esihlalweni sakhe sobukhosi esiphezulu nesiphakemeyo, umsila wengubo yakhe ugcwalisa ithempeli.

2 Ngaphezu kwakhe kwakumi amaserafi; yilelo nalelo lalinamaphiko ayisithupha; ngamabili lamboza ubuso, nangamabili lamboza izinyawo, nangamabili landiza.

3 Elinye lamemeza kwelinye, lathi: Ungcwele, ungcwele, ungcwele uJehova Sebawoti, wonke umhlaba ugcwele inkazimulo yakhe.

4 Izinsika zomnyango zathuthumela ngezwi lomemezayo, indlu yagcwala umusi.

5 Ngase ngithi: Maye kimi! Ngokuba ngiphelile, lokhu ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi phakathi kwabantu abazindebe zabo zingcolile, ngokuba amehlo ami abonile iNkosi uJehova Sebawoti.

6 Kepha landizela kimi elinye lamaserafi liphethe ilahle elivuthayo esandleni salo, elalilithathe ngodlawu e-altare,

7 lathinta umlomo wami, lathi: Bheka, lokhu kuthintile izindebe zakho; ububi bakho sebususiwe, nezono zakho zihlanguliwe.

8 Futhi ngezwa izwi leNkosi lithi: Ngiyakuthuma bani, ngubani oyakusiyela na? Ngase ngithi: Bheka, nangu mina; ngithume mina.

9 Yathi: Hamba usho kulaba bantu ukuthi: Yizwani, yizwani, kepha ningaqondi; bonani, bonani, kepha ningazi.

10 Yenza inhliziyo yalaba bantu ukuba ikhuluphale, nezindlebe zabo zibe buthuntu, ufiphaze amehlo abo, funa babone ngamehlo abo, bezwe ngezindlebe zabo, baqonde ngenhliziyo yabo, babuye, baphiliswe.

11 Ngase ngithi: Nkosi, koze kube nini na? Yathi: Kuze kuchithwe imizi, kungabe kusaba khona ohlala kuyo, nezindlu zingabe zisaba namuntu, nomhlaba uchitheke ube yize,

12 uJehova aze adedisele kude abantu, nencithakalo ibe nkulu ezweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Yebo, noma kusekhona inxenye yeshumi kulo, yona iyakubuye ishiswe njengomtherebinte ne-oki okusiqu sakho simi lapho kugawulwa khona; inzalo engcwele iyisiqu sakho.

**U-Isaya 7**

### Isibonakaliso sika-Imanuweli

1 Kwathi ezinsukwini zika-Ahazi indodana kaJothamu ka-Uziya, inkosi yakwaJuda, uResini inkosi yase-Aramu noPheka indodana kaRemaliya, inkosi yakwa-Israyeli, bakhuphukela eJerusalema ukulwa nalo, kepha babengenakulinqoba.

2Kwatshelwa indlu kaDavide ukuthi: I-Aramu limise kwa-Efrayimi. Yayisiqhaqhazela inhliziyo yakhe nenhliziyo yabantu bakhe njengemithi yasehlathini ithuthumela ngomoya.

3 Kepha uJehova wathi ku-Isaya: Mawuphume ukuhlangabeza u-Ahazi, wena noSheyari Jashubi indodana yakho, ngasekugcineni komsele wechibi lasenhla elingasendleleni yeNsimu Yomhlanzi,

4usho kuye ukuthi: Xwaya, uthule; ungesabi, nenhliziyo yakho mayingadangali ngemisila emibili yalezi zikhuni ezithunqayo, ngokuvutha kolaka lukaResini ne-Aramu nolwendodana kaRemaliya.

5Ngokuba i-Aramu no-Efrayimi nendodana kaRemaliya bacebile okubi ngawe, bathi:

6 Masikhuphukele kwelakwaJuda, silikhathaze, sizinqobele lona, sibeke inkosi phakathi kwalo, indodana kaThabeyeli,

7ngalokho isho iNkosi uNkulunkulu, ithi: Akuyikuma, futhi akuyikwenzeka.

8Ngokuba inhloko yase-Aramu iyiDamaseku, nenhloko yeDamaseku inguResini; phakathi kweminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu u-Efrayimi uyakwaphulwa angabe esaba yisizwe.

9 Inhloko yakwa-Efrayimi iyiSamariya, inhloko yeSamariya iyindodana kaRemaliya. Uma ningakholwa, impela aniyikuma.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10UJehova waqhubeka ukukhuluma ku-Ahazi, wathi:

11 Zicelele isibonakaliso kuJehova uNkulunkulu wakho, kujule endaweni yabafileyo, noma kuphakame phezulu.

12Kepha u-Ahazi wathi: Angiyikucela, futhi angiyikumlinga uJehova.

13Wayesethi: Ake uzwe wena ndlu kaDavide! Kuncane kuwe ukukhathaza abantu, ukuze nimkhathaze noNkulunkulu wami futhi na?

14 Ngalokho iNkosi uqobo iyakukunika isibonakaliso: bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana, ibize igama layo ngokuthi u-Imanuweli.

15Uyakudla amangqanga nezinyosi aze azi ukwala okubi, akhethe okuhle.

16 Ngokuba umntwana engakazi ukwala okubi nokukhetha okuhle, izwe okhathazwa ngamakhosi omabili alo liyakushiywa.

17 UJehova uyakuletha phezu kwakho, naphezu kwabantu bakho, naphezu kwendlu kayihlo izinsuku ezingafikanga kusukela osukwini u-Efrayimi asuka ngalo kwaJuda -- yinkosi yase-Asiriya.

18Kuyakuthi ngalolo suku uJehova ahlabele ikhwelo izimpukane ezingasekugcineni kwemifula yaseGibithe nezinyosi ezisezweni lase-Asiriya.

19Ziyakufika, ziphumule zonke ezigodini ezineziwa, nasemifantwini yamadwala, nasemahlanzeni onke, nasemadlelweni onke.

20 Ngalolo suku iNkosi iyakuphucula ngensingo eqashiweyo ngaphesheya koMfula yinkosi yase-Asiriya ikhanda noboya bezinyawo, futhi iyakuqeda nesilevu.

21Kuyakuthi ngalolo suku indoda yondle isithole nezimvu ezimbili,

22bese kuthi ngobuningi bobisi ezilwehlisayo idle amangqanga, ngokuba amangqanga nezinyosi bayakukudla bonke abasele ezweni.

23Kuyakuthi ngalolo suku yonke indawo lapho kukhona imivini eyinkulungwane, elingene nezinhlamvu eziyinkulungwane zesiliva, ibe ngeyamakhakhasi nameva.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Kuyakuyiwa khona nemicibisholo nomnsalo, ngokuba izwe lonke liyakuba ngamakhakhasi nameva.

25Ezintabeni zonke ezilinywa ngegeja akuyikuyiwa khona ngokwesaba amakhakhasi nameva, kepha ziyakuba ngezokuqhubela izinkabi nezokunyathela kwezimvu.

## U-Isaya 8

### Isiprofetho ngokwahlulelwa kuka-Israyeli

1UJehova wathi kimi: Zithathele isibhebhe esikhulu, ubhale kuso ngokwendlela yomuntu ngokuthi uMahere Shalali Hashi Bazi.

2Ngazifakazisela ofakazi abaqinisileyo, u-Uriya umpristi noZakariya indodana kaJeberekiya.

3Ngase ngiya kumprofethikazi; wakhulelwa, wazala indodana. Wayesethi uJehova kimi: Biza igama layo ngokuthi uMahere Shalali Hashi Bazi.

4Ngokuba umntwana engakazi ukumemeza ngokuthi baba nomame, kuyakususwa ingcebo yaseDamaseku nempango yaseSamariya phambi kwenkosi yase-Asiriya.

5UJehova wabuye wakhuluma kimi, wathi:

6 Ngenxa yokuba laba bantu badelela amanzi aseShilowa ahamba kancane, bathokoza ngoResini nendodana kaRemaliya,

7ngalokho bheka, iNkosi iyabakhuphulela amanzi omfula anamandla namaningi -- yinkosi yase-Asiriya nabo bonke ubukhosi bayo -- ukhuphuke phezu kwazo zonke izingu zawo, weqe nazo zonke izindonga zawo,

8 utheleke kwaJuda, ukhukhule, udlule, ufinyelele entanyeni, besewugcwalisa ngamaphiko awo eluliweyo ububanzi bezwe lakho, Imanuweli.

9Bhevani nina zizwe, niyakuphela amandla nokho; bekani indlebe nina mazwe onke akude: zibhinceni, kepha niyakudangala, yebo, zibhinceni, niyakuphela amandla nokho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Lulekanani nokululekana, kepha kuyakuchithwa; khulumani izwi, kodwa aliyikuma, ngokuba uNkulunkulu unathi.

11Ngokuba uNkulunkulu ukhulumile kanjalo kimi ngesandla esinamandla, wangiyala ukuba ngingahambi ngendlela yalaba bantu, wathi:

12 Ningasho ukuthi kuluzungu konke abakushoyo laba bantu ukuthi kuluzungu, ningesabi abakwesabayo, nibe novalo ngakho.

13 UJehova Sebawoti, mngcweliseni yena, kube nguye enimesabayo, yebo, kube nguye eninovalo ngaye.

14 Uyakuba ngokungcwele, futhi abe yitshe lokukhubekisa, nedwala lokuwisa kuzo izindlu zombili zakwa-Israyeli, abe lugibe nesihibe kwabakhileyo eJerusalema.

15 Abaningi phakathi kwabo bayakukhubeka, bawe, baphuke, bacushwe, babanjwe.

16Bopha ubufakazi, uwunamathelise umthetho phakathi kwabafundi bami.

17 Ngiyakumlindela uJehova ositheza ubuso bakhe kuyo indlu kaJakobe, ngethembe kuye.

18 Bheka, mina, nabantwana uJehova anginike bona, siyizibonakaliso nezimangaliso kwa-Israyeli, ezivela kuJehova Sebawoti ohlezi entabeni yaseSiyoni.

19 Lapho bethi kini: Funani kwabanamadlozi nakubathakathi ababetha imilozi, banyenyeze pho, abantu abayikufuna uNkulunkulu wabo yini? Kuyiwe kwabafileyo ngabaphilayo na?

20 Emthethweni-ke nasebufakazini! Impela leli zwi abalikhulumayo alinakho ukusa.

21Bayakudabula izwe bexinekile, belambile; kuyakuthi lapho belamba, bavuke ulaka, bathuke inkosi yabo noNkulunkulu wabo, babheke phezulu.

22Bayakubheka nasemhlabeni; bheka, nakho ukuhlupheka, nobumnyama, nokuhwelela kosizi; yebo, bayakuxoshelwa esigayegayeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

## U-Isaya 9

### Inkosi yokuthula

1 Kepha ukuhwelela akuyikuba khona kohluphekayo. Njengesikhathi esidlule senza ukuba kufiliswe izwe lakwaZebuloni nezwe lakwaNafetali, isikhathi esizayo siyakwenza ukuba ikhazimule indlela yolwandle ngaphesheya kweJordani, isifunda sabezizwe.

2 Abantu abahamba ebumnyameni babona ukukhanya okukhulu; abahlezi ezweni lethunzi lokufa ukukhanya kuyabakhanyisela.

3 Uyakwandisa isizwe, ukhulise intokozo yaso; bathokoza phambi kwakho njengokuthokoza ekuvuneni, njengalokhu abantu bethokoza ekwabeleni kwabo impango.

4 Ngokuba ijoka lomthwalo wabo, nenduku yamahlombe abo, noswazi lomhluphi wabo uyakwaphula njengasosukwini lukaMidiyani.

5 Ngokuba zonke izicathulo ezifakiweyo esiyaluyalwini sokulwa nezingubo ezigingqwe egazini ziyakuba ngezokushiswa, zidliwe ngumlilo.

6 Ngokuba sizalelwa umntwana, siphiwa indodana; umbuso uyakuba semahlombe akhe, negama lakhe liyakuthiwa uMluleki omangalisayo, uNkulunkulu onamandla, uYise ongunaphakade, iNkosi yokuthula.

7 Umbuso uyakuba mkhulu, ukuthula kungabi nakuphela esihlalweni sobukhosi sikaDavide nasembusweni wakhe, ukuze uqiniswe, usekelwe ngokwahlulela nangokulunga, kusukela manje kuze kube phakade. Ukushisekela kukaJehova Sebawoti kuyakwenza lokhu.

### Intukuthelo kaNkulunkulu ngaku-Israyeli

8 INkosi ithume izwi kuJakobe, lehlela kwa-Israyeli.

9 Bonke abantu bayakwazi, u-Efrayimi nabakhe eSamariya, abasho ekuziphakamiseni kwabo nasekuziqhenyeni kwenhliziyo ukuthi:

10 Izitini ziwile, kepha siyakwakha ngamatshe abaziweyo; imithombe igawuliwe, kepha siyakutshala imisedari ezikhundleni zayo.

11 UJehova uyabaphakamisela izitha zikaResini, ahlomise abamelene nabo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 i-Aramu ngaphambili namaFilisti ngasemuva, bamudle u-Israyeli
ngomlomo okhamisiweyo; kukho konke lokhu intukuthelo yakhe ayibuyi,
isandla sakhe siseluliwe.

13 Abantu ababuyelanga nokho kobashayileyo, futhi abamfunanga uJehova
Sebawoti.

14 Ngalokho uJehova uyanquma kwa-Israyeli ikhanda nomsila, igatsha
lesundu nomhlanga, ngalusuku lunye.

15 Ilunga nophakemeyo bayikhanda, nomprofethi ofundisa amanga ungumsila.

16 Ngokuba abahola laba bantu bayabadukisa, nabaholwa yibo bayagwinywa.

17 Ngalokho iNkosi ayithokozi ngezinsizwa zabo, ayihawukeli izintandane
nabafelokazi babo, ngokuba bonke bangabangenaNkulunkulu nabenza okubi,
nayo yonke imilomo ikhuluma ubuwula; kukho konke lokhu intukuthelo
yakhe ayibuyi, isandla sakhe siseluliwe.

18 Ngokuba ububi bushisa njengomlilo, buqeda amakhakhasi nameva,
buthungela ezihlahleni zamahlathi, zize zifuquke insika yomusi.

19 Ngentukuthelo kaJehova Sebawoti izwe lishisiwe; abantu bangukudla
komlilo, akakho osindisa umfowabo.

20 Umuntu uyahlwitha ngakwesokunene, abe esalambile nokho, adle
ngakwesokhohlo, kepha angasuthi; bayakudla, kube yilowo nalowo inyama
yengalo yakhe,

21 uManase u-Efrayimi, no-Efrayimi uManase, bobabili basukele kanyekanye
uJuda; kukho konke lokhu intukuthelo yakhe ayibuyi, isandla sakhe
siseluliwe.

## U-Isaya 10

1 Wo kubona abamisa izimiso ezimbi, nakubabhali ababhalisisa okuyingozi,

2 ukuchezukisa abampofu ekwahluleleni, nokwaphuca abaswelayo babantu
bami umthetho, ukuze abafelokazi babe yimpango yabo, baqhwage
izintandane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Niyakwenze njani ngosuku lokuhanjelwa nasekuchithakaleni okuvela kude na? Niyakubalekela kubani ukuba nisizwe na? Niyakushiya kubani imfuyo yenu na?

4 Uma ningaguqi phakathi kwababoshiweyo, niyakuwa phakathi kwababuleweyo; kukho konke lokhu intukuthelo yakhe ayibuyi, isandla sakhe siseluliwe.

**I-Asiriya liyalahlwa**

5 Wo kulo i-Asiriya, intonga yentukuthelo yami, nokusesandleni salo ukufutheka kwami kuyinduku.

6 Ngiyalithuma esizweni esingenaNkulunkulu, ngiliyaleze ngabantu bentukuthelo yami ukuba liphange impango, liqhwage, libenze okunyathelwayo njengodaka lwasezitaladini.

7Nokho akusiwo umqondo walo, inhliziyo yalo ayicabangi kanjalo, kepha kusenhliziyweni yalo ukuchitha nokunquma izizwe ezingeyingcosana.

8Ngokuba lithi: Izikhulu zami zonke azisiwo amakhosi na?

9 IKalino alinjengeKharikemishi na? IHamati alinjenge-Aripadi na? ISamariya alinjengeDamaseku na?

10Njengalokhu isandla sami siyitholile imibuso yezithombe ezimifanekiso yazo ebaziweyo yahlula eyaseJerusalema neyaseSamariya,

11anginakwenza yini kulo iJerusalema nezithombe zalo, njengalokhu ngenzile kulo iSamariya nezithombe zalo, na?

12 Kuyakuthi lapho iNkosi isiqedile wonke umsebenzi wayo entabeni yaseSiyoni naseJerusalema, ijezise isithelo senhliziyo ezidlayo yenkosi yase-Asiriya nokuzikhukhumeza kwamehlo ayo aziphakamisayo.

13Ngokuba uthi: Ngamandla esandla sami ngikwenzile, nangokuhlakanipha kwami, ngokuba nginokuqonda; ngisusile imikhawulo yezizwe, ngiphangile ingcebo yazo, njengesiqhwaga ngawisa phansi abakhileyo khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Isandla sami sifumene imfuyo yabantu njengesidleke, nanjengalokhu umuntu ebutha amaqanda ashiyiweyo ngibuthile wonke umhlaba, akwababikho oshaya phiko, novula mlomo, notshiyozayo.

15 Izembe liyakuzikhukhumeza kuye ogawula ngalo na? Isaha liyakuzikhulisa kuye oliqhubayo, njengokungathi induku izamazamisa abayiphakamisayo, nodondolo luphakamisa ongesiwo umuthi, na?

16 Ngalokho iNkosi uJehova Sebawoti iyakuthuma ukonda phakathi kwabakhulupheleyo bakhe, nangaphansi kodumo lwakhe kuyakuphembeka ukushisa njengokushisa komlilo.

17 Ukukhanya kuka-Israyeli kuyakuba ngumlilo, oNgcwele wakhe abe yilangabi; kuyakushisa kuqede ameva akhe namakhakhasi akhe ngalusuku lunye.

18 Iyakuqeda udumo lwehlathi lakhe nensimu yakhe, umzimba nomphefumulo, kube njengesiguli esinyamalalayo.

19 Insali yemithi yakhe iyakuba yingcosana, ukuze ibhalwe ngumntwana.

20 Kuyakuthi ngalolo suku insali yakwa-Israyeli nabasindileyo bendlu kaJakobe bangasenciki kobashayileyo, kepha bencike ngeqiniso kuJehova oNgcwele ka-Israyeli.

21 Insali iyakubuya, insali kaJakobe, ibuyele kuNkulunkulu onamandla.

22 Ngokuba noma abantu bakho, Israyeli, bengangesihlabathi solwandle, kuyakubuya phakathi kwabo insali nje; ukuchithwa kunqunyiwe, okuchichima ukulunga.

23 Ngokuba iNkosi uJehova Sebawoti iyakwenza ukubhujiswa okunqunyiweyo phakathi kwawo wonke umhlaba.

24 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova Sebawoti, ithi: We bantu bami, enakhe eSiyoni, ningalesabi i-Asiriya, lapho likushaya ngentonga yalo, liphakamisele kuwe udondolo lwalo ngendlela yaseGibithe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

25Ngokuba kusezakuba yisikhashana nje kuze kuphele ukufutheka kwami, intukuthelo yami ibe sekuchithweni kwalo.

26 UJehova Sebawoti uyakulivusela isiswebhu njengasekubulaweni kwabakwaMidiyani ngasedwaleni lika-Orebi, nentonga yakhe iyakuba phezu kolwandle, ayiphakamise ngendlela yaseGibithe.

27Kuyakuthi ngalolo suku umthwalo walo ususwe emahlombe akho nejoka lalo entanyeni yakho. Liyakhuphuka eRimoni,

28liyeza e-Ayati, lidlula eMigroni; lethula impahla yalo eMikimashi;

29badlula esikhaleni, ebusuku bahlala eGeba; iRama liyaqhaqhazela, iGibeya likaSawule liyabaleka.

30Zamuluka ngezwi lakho, ndodakazi yaseGalimi; qaphela, Layishi, yiphendule, Anathoti.

31IMadimena selibalekile, abakhileyo eGebimi bathutha impahla.

32Namhla nje liyema ngaseNobi, linikinele isandla salo intaba yendodakazi yaseSiyoni, intaba yaseJerusalema.

33 Bheka, iNkosi uJehova Sebawoti iyanquma amagatsha ngokwesabekayo, kugawulwe abaphakemeyo, nabazikhukhumezayo behliswe.

34Izihlahla zehlathi ziyacatshwa ngensimbi, neLebanoni liyawa ngoNamandla.

## U-Isaya 11

### Ihlumela likaJese

1 Kuyakuvela ihlumela esiqwini sikaJese, kuphume igatsha ezimpandeni zakhe.

2UMoya kaJehova uyakuhlala phezu kwakhe, umoya wokuhlakanipha nowokuqonda, umoya wamasu nowamandla, umoya wokwazi nowokumesaba uJehova.

3Intokozo yakhe iyakuba sekumesabeni uJehova; akayikwahlulela ngokubona kwamehlo akhe, anganqumi ngokuzwa kwezindlebe zakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Kepha uyakwahlulela abampofu ngokulunga, anqume ngokufaneleyo abathobileyo bomhlaba, awushaye umhlaba ngentonga yomlomo wakhe, abulale ababi ngokuphefumula kwezindebe zakhe.

5 Ukulunga kuyakuba yibhande lezinkalo zakhe, ukuthembeka kube yibhande lamanyonga akhe.

6 Impisi iyakuhlala newundlu, ingwe ibuthise ndawonye nezinyane lembuzi, ithole nebhongo lengonyama kukhuluphaliswe kanyekanye, nomntwana omncane uyakukuqhuba.

7 Inkomo nebhere kuyakuklaba, amazinyane akho abuthise ndawonye, ingonyama idle utshani njengenkabi.

8 Umntwana oncelayo uyakudlala ngasemgodini webululu, olunyuliweyo elulele isandla sakhe esiseleni sikamantshingeyana.

9 Abayikwenza okubi, bangachithi entabeni yonke yami engcwele, ngokuba umhlaba uyakugcwala ukumazi uJehova njengamanzi asibekela ulwandle.

10 Kuyakuthi ngalolo suku impande kaJese ime iyibhanela lezizwe; abezizwe bayakuyifuna, nendawo yayo iyakuba nodumo.

11 Kuyakuthi ngalolo suku iNkosi ibuye yelule isandla sayo ngokwesibili ukuzuza insali yabantu bayo eyakusala e-Asiriya, naseGibithe, nasePhatirosi, naseKushe, nase-Elamu, naseShineyari, naseHamati, naseziqhingini zolwandle.

12 Iyakuphakamisela abezizwe ibhandela, ibuthe abaxoshiweyo bakwa-Israyeli, iqoqe abahlakazekileyo bakwaJuda emagumbini omane omhlaba.

13 Umhawu ka-Efrayimi uyakusuka, nabacindezela uJuda bayakunqunywa; u-Efrayimi akayikuba namhawu ngoJuda, noJuda kayikucindezela u-Efrayimi.

14 Kepha bayakundizela ehlombe lamaFilisti ngasentshonalanga, baphange kanyekanye abantu basempumalanga, belulele izandla zabo ngaku-Edomi noMowabi, abakwa-Amoni babalalele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 UJehova uyakuqalekisa itheku lolwandle lwaseGibithe, anikine isandla sakhe phezu koMfula ngokuhwamula komoya wakhe, awushaye ube yiminonjana eyisikhombisa, ukuze kuhanjwe ngezicathulo.

16 Kuyakuba khona umgwaqo wensali yabantu bakhe, eyakusala e-Asiriya, njengalokho kwakunjalo ku-Israyeli ngosuku lokukhuphuka kwakhe ezweni laseGibithe.

## U-Isaya 12

### Ihubo lokusindiswa kuka-Israyeli

1Uyakusho ngalolo suku ukuthi: Ngiyakubonga, Jehova, ngokuba wangithukuthelela, kepha intukuthelo yakho isibuyile, uyangiduduza.

2 Bheka, uNkulunkulu uyinsindiso yami; nginethemba, angesabi, ngokuba uJehova, uJehova ungamandla ami nehubo lami, waba yinsindiso yami.

3 Ngalokho niyakukha amanzi ngokujabula emithonjeni yensindiso.

4 Niyakusho ngalolo suku ukuthi: Bongani uJehova, nibize igama lakhe, nizazise izenzo zakhe phakathi kwezizwe, nimemezele ukuthi igama lakhe liphakeme.

5Hlabelelani kuJehova, ngokuba wenzile izinto ezinkulu; lokhu makwazeke emhlabeni wonke.

6 Memeza, ujabule wena ohlezi eSiyoni, ngokuba mkhulu oNgcwele ka-Israyeli phakathi kwakho.

## U-Isaya 13

### Isiprofetho ngeBabele

1 Isiprofetho ngeBabele asibonayo u-Isaya indodana ka-Amose.

2Misani ibhanela entabeni elucwatha, nibaphakamisele izwi, nibaqhwebe ngezandla ukuba bangene emasangweni abakhulu.

3Mina uqobo ngibayalile abangcwele bami, yebo, ngibizele amaqhawe ami okwentukuthelo yami, bona labo abami abajabula ngokuziqhenya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Umsindo wesixuku ezintabeni kungathi ngowabantu abaningi! Umsindo wokuxokozela kwemibuso yabezizwe ihlangene! UJehova Sebawoti uyabutha impi yakhe.

5Bavela ezweni elikude nasekugcineni kwezulu uJehova nezikhali zentukuthelo yakhe, ukuba bachithe umhlaba wonke.

6 Klewulani, ngokuba usuku lukaJehova lusondele; njengencithakalo evela kuSomandla luyafika.

7Ngalokho izandla zonke ziyadangala, nezinhliziyo zonke ziyaphela amandla.

8Bayashaqeka, babanjwa yiminjunju nobuhlungu, bazibinya njengababelethayo. Babhekana omunye nomunye bemangala. Ubuso babo bungubuso bamalangabi.

9Bheka, usuku lukaJehova luyeza, lunonya, lunokufutheka, lunokuvutha kolaka, ukuba lwenz ize umhlaba, luchithe izoni zawo kuwo.

10 Ngokuba izinkanyezi zezulu nawondwenjana bazo akuyikukhanya; ilanga liyakuba mnyama ekuphumeni kwalo, nenyanga ayisayikukhipa ukukhanya kwayo.

11Ngiyakulijezisa izwe ngobubi balo, nababi ngezono zabo, ngenze ukuba kuphele ukuzidla kwabaziqhenyayo, ngithobise ukuziphakamisa kwabacindezeli.

12 Ngiyakwenza umuntu abe yigugu kunegolide elihle, yebo, umuntukazana kunegolide elicwengekileyo.

13Ngalokho ngiyakuzamazamisa izulu, umhlaba unyakaziswe endaweni yawo, ngentukuthelo kaJehova Sebawoti ngosuku lokuvutha kwentukuthelo yakhe.

14Kuyakuthi njengensephe exoshwayo nezimvu ezingaqoqwa muntu, baphendukele, kube yilowo nalowo kubantu bakubo, babalekele, kube yilowo ezweni lakubo.

15Bonke abatholwayo bayakugwazwa, nabo bonke ababanjwayo bayakuwa ngenkemba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

16 Izingane zabo ziyakuchotshozwa emehlweni abo, izindlu zabo ziphangwe, omkabo baphoqwe.

17Bhekani, ngiyakubavusela amaMede angayikunaka isiliva, negolide angathokozi ngalo.

18Iminsalo iyakuwisa phansi izinsizwa zabo; abayikuhawukela isithelo esisesizalweni, amehlo abo angabi nasihe kubantwana.

19 IBabele, umhlobiso wemibuso, isivunulo sokuzikhukhumeza kwamaKaledi, liyakuba njengokuchitha kukaNkulunkulu iSodoma neGomora.

20Alisoze labuye lakhiwa, akusayikuhlalwa kulo ezizukulwaneni ngezizukulwane; umArabiya akayikumisa khona, nabelusi abayikulala lapho nemihlambi yabo.

21 Kepha izilwane zasehlane ziyakubuthisa khona, nezindlu zalo ziyakugcwala izikhova; kuyakuhlala lapho izintshe, namademoni ayakungqabashiya khona.

22Izimpungushe ziyakukhala ezinqabeni zalo, namakhanka ezindlini zamakhosi; siseduze ukufika isikhathi salo, nezinsuku zalo aziyikwandiswa.

## U-Isaya 14

1 Ngokuba uJehova uyakumhawukela uJakobe, abuye amkhethe u-Israyeli, ababeke ezweni lakubo; nabafokazi bayakuzihlanganisa nabo, banamathele endlini kaJakobe.

2 Abantu bayakubathatha, babayise ezindaweni zabo; indlu yakwa-Israyeli iyakubenza ifa ezweni likaJehova, babe yizinceku nezincekukazi, babathumbe labo abakade bethunjiwe yibo, babuse phezu kwabacindezeli babo.

3Kuyakuthi ngosuku uJehova akuphumuza ngalo ebuhlungwini bakho, nasekuhluphekeni kwakho, nasemsebenzini olukhuni obusetshenziswa ngawo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4uphakamise lesi saga ngenkosi yaseBabele, uthi: Yeka ukuphela komcindezeli nokugcina kokubhensa!

5 UJehova waphulile udondolo lwababi nentonga yababusi

6eyashaya abantu ngentukuthelo ngokushaya okunganqamukiyo, eyabusa izizwe ngolaka ngokuzingela okunganqandwanga.

7Wonke umhlaba uyaphumula, usenokuthula; baqhumuka ngokuhlabelela.

8Yebo, nemisayipuresi ithokoza ngawe, kanye nemisedari yaseLebanoni, ngokuthi: Selokhu walaliswa phansi, akakho umgawuli okhuphukela kithina.

9Indawo yabafileyo ngaphansi inyakazisiwe ukuba ikuhlangabeze ekufikeni kwakho, ikuvusele izithunzi, zonke izikhulu zomhlaba, isukumise onke amakhosi ezizwe ezihlalweni zawo zobukhosi.

10Onke ayakuthatha athi kuwe: Nawe usubuthakathaka njengathi, usufana nathi, na?

11 Ubukhosi bakho sebehliselwe endaweni yabafileyo, umsindo wezingubhu zenu; izimpethu zenekiwe ngaphansi kwakho, nezibungu ziyakusibekela.

12 Yeka ukuwa kwakho ezulwini, khwezi elikhanyayo, ndodana yokusa, nokunqunyelwa kwakho phansi, wena owawuthobisa izizwe.

13Wena wathi enhliziyweni yakho: Ngiyakukhuphukela ezulwini, ngiphakamise isihlalo sami sobukhosi phezu kwezinkanyezi zikaNkulunkulu, ngihlale entabeni yomhlangano ngasekugcineni kwasenyakatho.

14Ngiyakukhuphuka phezu kwezindawo eziphakemeyo zamafu, ngizenze ngibe ngangoPhezukonke.

15Kepha uyakwehliselwa endaweni yabafileyo, ekugcineni komgodi.

16 Abakubonayo bayakugqolozela, bakuqaphele, bathi: Nguye lo muntu owawuzamazamisa umhlaba, wanyakazisa imibuso,

17owenza izwe laba yihlane, wayichitha imizi yalo, akavumela iziboshwa zakhe ukuba zigoduke, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Onke amakhosi ezizwe, onke alala ngodumo, yileyo naleyo endlini yayo.

19Kepha wena ulahliwe ngaphandle kwethuna lakho njengegatsha elinengekayo, ligqokwe ngababuleweyo, abahlatshwe yinkemba, abehlela ematsheni omgodi njengesidumbu esinyathelweyo.

20Awuyikuhlanganiswa nabo ekumbelweni, ngokuba uchithile izwe lakho, wabulala abantu bakho; inzalo yababi ayisayikubizwa ngegama naphakade.

21Lungiselani abantwana bakhe ukubulawa ngobubi bawoyise, ukuze bangavuki, badle ifa lomhlaba, bagcwalise ubuso bezwe ngemizi.

22 Ngiyakubavukela, usho uJehova Sebawoti, nginqume eBabele igama, nensali, nendodana, nomzukulwana, usho uJehova.

23 Ngiyakulenza libe yifa likanondwebu namachibi amanzi, ngilishanele ngomshanelo wencithakalo, usho uJehova Sebawoti.

### Isiprofetho nge-Asiriya

24UJehova Sebawoti ufungile, wathi: Impela njengokulinganisa kwami kuyakuba njalo, nanjengokunquma kwami kuyakuma kanjalo

25 ukuthi ngiyakumaphula owase-Asiriya ezweni lami, ngimnyathele phansi ezintabeni zami; bese lisuka kubo ijoka lakhe, nomthwalo wakhe usuke emahlombe abo.

26Yilesi esiyisinqumo esinqunyiwe emhlabeni wonke; yilesi esiyisandla eseluliwe phezu kwezizwe zonke.

27 Ngokuba uJehova Sebawoti unqumile; ngubani ongakuchitha na? Isandla sakhe singeseluliweyo; ngubani ongasibuyisa na?

### Isiprofetho ngeFilistiya

28Ngomnyaka wokufa kwenkosi u-Ahazi kwavela lesi siprofetho.

29 Ungathokozi wena Filistiya lonke ngokuthi intonga ekushayileyo yaphukile, ngokuba empandeni yenyoka kuyakuphuma ibululu, nenzalo yalo iyakuba yinyoka endizayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

30 Amazibulo abampofu ayakuklaba, nabaswelayo bayakulala belondekile; ngiyakubulala impande yakho ngendlala, nensali yakho iyakubhujiswa.

31 Klewula wena sango, dazuluka wena muzi, phela amandla wena Filistiya lonke! Ngokuba enyakatho kuvela umusi; akakho oyakwahlukana nebutho lakhe.

32 Izithunywa zesizwe ziyakuphendulwa ngokuthini na? Ukuthi nguJehova obeke isisekelo eSiyoni; abahluphekayo babantu bakhe bayakuphephela kulo.

## U-Isaya 15

### Isiprofetho ngoMowabi

1 Isiprofetho ngoMowabi. Impela ebusuku bunye i-Ari Mowabi linqotshiwe, lichithekile; impela ebusuku bunye iKhiri Mowabi linqotshiwe, lichithekile.

2 Bayakhuphukela ethempelini; iDiboni lenyukela ezindaweni eziphakemeyo ukuyokhala; uMowabi uyaklewula eNebo naseMedeba; onke amakhanda ayizimpandlana, zonke izilevu ziphuculiwe.

3 Ezitaladini zabo bayabhinca indwangu yamasaka, nasophahleni lwabo nasezigcawini zabo bayaklewula bonke, bamululeka izinyembezi.

4 IHeshiboni liyadazuluka kanye ne-Elehale; izwi labo lizwakala kuze kube naseJahasi; ngalokho amabutho akwaMowabi ayakhamuluka, umphefumulo wakhe uyathuthumela phakathi kwakhe.

5 Inhliziyo yami ikhalela uMowabi; ababalekileyo bakhe bayabalekela eSora, nase Egila Shelishiya; yebo, nasegqumeni laseLuhithe bakhuphukela bekhala, nasendleleni eya eHoronayimi, bephakamisa izwi lokudazuluka.

6 Ngokuba amanzi aseNimrimi ayincithakalo, notshani buyoma, uhlaza luyaphela, akusekho okuluhlaza.

7 Ngalokho okuseleyo abakutholileyo, nemfuyo yabo, bakuwelisa uMfula Weminyezane.

8 Ngokuba ukukhala kuzungeze imikhawulo yakwaMowabi, nokuklewula kwakhe kuze kube se-Egelayimi, nokububula kwakhe kuze kube seBeri Elimi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ngokuba amanzi aseDimoni agcwele igazi; yebo, ngiyakwehlisela iDimoni nokunye: ingonyama phezu kwabasindileyo bakwaMowabi, insali yezwe.

## U-Isaya 16

1 Thumani amawundlu ombusi wezwe aphume eSela ngasehlane, aye entabeni yendodakazi yaseSiyoni.

2 Kuyakuthi njengezinyoni ezizulazulayo, njengamaphuphu ahlakazekileyo, abe njalo amadodakazi akwaMowabi emazibukweni ase-Arinoni.

3 Lulekanani, nenze izinqumo, ubeke isithunzi sakho njengobusuku phakathi kwemini, nithukuse abaxoshiweyo, ningadaluli ababalekileyo.

4 Abaxoshiweyo bakwaMowabi mabahlale kuwe; mawube yisivikelo kubo ebusweni bomchithi. Lapho umcindezeli esephelile, nokuchitha sekuyekiwe, nabanyathelayo sebeqediwe ezweni,

5 kuyakumiswa isihlalo sobukhosi ngomusa, kuhlale kuso ngeqiniso etendeni likaDavide umahluleli ofuna ukwahlulela esheshisa ukulunga.

6 Sizwile ngokuziphakamisa kukaMowabi ukuthi uphakeme kakhulu, nangokuzidla kwakhe nokuziqhenya kwakhe nentukuthelo yakhe nokuphafuza kwakhe okuzenzisayo.

7 Ngalokho uMowabi uyaklewula ngoMowabi; bonke bayakuklewula. Niyakukhala ngezigaxa zezithelo zomvini ezomileyo zaseKhiri Haresheti nidabukile kakhulu.

8 Ngokuba amasimu aseHeshiboni abunile kanye nomvini waseSibima; amakhosi ezizwe achithile amagatsha awo; afinyelela naseJazeri, edukela nasehlane; amahlumela awo elulwa, awela ulwandle.

9 Ngalokho ngiyakukhalela umvini waseSibima njengokukhala kweJazeri, ngikumanzise, Heshiboni, ngezinyembezi zami, nawe Elehale, ngokuba phezu kwezithelo zakho nokuvuna kwakho kuwile ukumemeza kwempi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[10]Ukuthokoza kususiwe kanye nokujabula ensimini; nasezivinini akuhlatshelelwa, akujatshulwa; abanyathelayo abalinyatheli iwayini ezikhamweni; ngenze ukuba kuphele ukumemeza.

[11] Ngalokho inhliziyo yami iyakhala njengehabhu ngoMowabi, nokuphakathi kwami ngeKhiri Heresi.

[12]Kuyakuthi lapho uMowabi esebonakala, azikhathaze endaweni ephakemeyo, aye endlini yakhe engcwele ukuba athandaze, angaphumeleli.

[13] Yileli izwi uJehova alikhulumayo ngoMowabi ngaleso sikhathi.

[14]Kepha manje uJehova ukhulumile ukuthi: Phakathi kweminyaka emithathu njengeminyaka yomqashwa udumo lukaMowabi luyakudelelwa, noma enezixuku eziningi; insali iyakuba ncane kakhulu, ingabi namandla.

## U-Isaya 17

### Isiprofetho ngeDamaseku

[1] Isiprofetho ngeDamaseku. IDamaseku liyakususwa, lingabe lisaba ngumuzi, libe yinxiwa nencithakalo

[2]eshiyiwe kuze kube phakade, neyakuba ngeyemihlambi ebuthisa khona, ingesatshiswa muntu.

[3] Inqaba iyakuphela kwa-Efrayimi, nombuso eDamaseku, nensali e-Aramu, kube njengodumo lwabantwana bakwa-Israyeli, usho uJehova Sebawoti.

[4] Kuyakuthi ngalolo suku udumo luka Jakobe lube buthakathaka, kuzace ukukhuluphala kwenyama yakhe.

[5] Kuyakuba njengomvuni ovuna amabele asemi nengalo yakhe evuna izikhwebu, kube njengokukha izikhwebu esiGodini samaRefa.

[6]Kepha umkhothozo uyakusala khona njengokushaywa kweminqumo: izithelo ezimbili noma ezintathu enhlokweni phezulu, ezine noma eziyisihlanu emagatsheni omuthi, usho uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

[7]Ngalolo suku abantu bayakumbheka uMenzi wabo, namehlo abo ayakumbuka oNgcwele ka-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Abayikubheka ama-altare abo, umsebenzi wezandla zabo, bangabuki okwenziwe yiminwe yabo, o-Ashera nama-altare empepho.

9Ngalolo suku imizi yabo enamandla iyakuba njengezindawo ezishiyiweyo zasehlathini nezaseziqongweni zezintaba abazishiya phambi kwabantwana bakwa-Israyeli zibe yincithakalo.

10Ngokuba ukhohliwe uNkulunkulu wokusindiswa kwakho, awukhumbulanga idwala lamandla akho; ngalokho noma utshala izithombo ezimnandi, uhlwanyele amahlumela angaziwayo,

11ngosuku lokutshala kwakho, lapho ubiyela, nangokusa kokuhlwanyela kwakho, lapho wenza ukuba kuqhakaze, ukuvuna kuyakubaleka ngosuku losizi nolobuhlungu obungenakupholiswa.

12 Wo kukho ukuhlokoma kwezizwe eziningi ezihlokoma njengokuhlokoma kwezilwandle, nomsindo wokuxokozela kwabezizwe abaxokozela njengokuxokozela kwamanzi amaningi.

13 Izizwe ziyaxokozela njengokuxokozela kwamanzi amaningi, kodwa uyakuzisola, zibalekele kude, zixoshwe njengamakhoba asezintabeni phambi komoya, nothuli olushwilayo phambi kwesiphepho.

14 Ngesikhathi sokuhlwa, bheka, yingebhe; kungakasi azisekho. Yilesi esiyisabelo sabasiphangayo, nenkatho yabasamukayo.

## U-Isaya 18

### Isiprofetho ngeKushe

1Wo kuwena lizwe lokuhashaza kwamaphiko eliphesheya komfula waseKushe,

2elithuma izigijimi ngolwandle nangemikhumbi yemihlanga phezu kwamanzi. Hambani nina zithunywa ezinejubane, niye esizweni esidephileyo nesikhazimulayo, kubantu abesabekayo lapha nasekudeni, isizwe esinamandla amakhulu nesinyathelayo, esilizwe laso lidatshulwe yimifula.

3Nonke nina enakhileyo ezweni nani nonke enihlezi emhlabeni bhekani, lapho ibhanela liphakanyiswa ezintabeni; zwanini, lapho icilongo libethwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Ngokuba uJehova ushilo kimi kanje, wathi: Ngiyakubheka ngithule, ngisendaweni yami, njengokubalela okukhazimula ekukhanyeni kwelanga, njengefu lamazolo ekufudumaleni ngesikhathi sokuvuna.

5Ngokuba kungakafiki ukuvuna, nokukhahlela sekuphelile, nembali isiphenduka isithelo esivuthiweyo, uyakunquma amahlumela ngawocelemba, awasike amagatsha, awasuse.

6Ayakushiywa ndawonye abe ngawamanqe asezintabeni nawezilwane zasemhlabeni; amanqe ayakuhlala ehlobo phezu kwawo, nazo zonke izilwane zomhlaba ziyakuhlala ebusika phezu kwawo.

7 Ngaleso sikhathi kuyakulethwa isipho kuJehova Sebawoti yibo abantu abadephileyo nabakhazimulayo, sivela kubantu abesabekayo lapha nasekudeni, isizwe esinamandla amakhulu nesinyathelayo, esilizwe laso lidatshulwe yimifula, endaweni yegama likaJehova Sebawoti, intaba yaseSiyoni.

## U-Isaya 19

### Isiprofetho ngeGibithe

1 Isiprofetho ngeGibithe. Bheka, uJehova ukhwele phezu kwefu elinejubane, uyeza eGibithe; onkulunkulu baseGibithe bayathuthumela ebusweni bakhe, nezinhliziyo zabaseGibithe ziphela amandla phakathi kwabo.

2 Ngiyakuvusa abaseGibithe ukuba bamelane nabaseGibithe, balwe, kube yilowo nalowo nomfowabo, kube yilowo nalowo nomakhelwane wakhe, umuzi nomuzi, umbuso nombuso.

3Umoya waseGibithe uyakuba yize ngaphakathi kwalo; ngiyakuchitha amasu alo; bayakufuna onkulunkulu, nezinyanga, nabanamadlozi, nabathakathi.

4Ngiyakubanikeza abaseGibithe esandleni senkosi elukhuni, nenkosi enamandla iyakubusa phezu kwabo, isho iNkosi uJehova Sebawoti.

5 Amanzi ayakuphela elwandle, umfula wome, ushe.

6Imifula iyakunuka, imifudlana yaseGibithe iyakuncipha, yome, kubune umhlanga nebungu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[7]Kuyakuba khona uqwathule ngaseNayile, ngasogwini lweNayile, nakho konke okutshaliwe ngaseNayile kuyakoma, kuhlakazwe, kungabe kusababikho.

[8]Abadobi bayakukhala, balile, bonke abaphonsa udobo eNayile; nabeneka amanetha emanzini bayakudabuka.

[9]Bayakujabha abasebenza ngefilakisi eliklayiweyo kanye nabaluki belineni.

[10]Izisekelo zalo ziyakwaphulwa, bonke abasebenza ngokuqashwa badabuke ngenhliziyo.

[11]Izikhulu zaseSowani ziyiziwula impela, nesiluleko sabaluleki abahlakaniphileyo bakaFaro siphendukile ubuwula; ningasho kanjani kuFaro ukuthi: Mina ngiyindodana yabahlakaniphileyo, ngiyindodana yamakhosi asendulo, na?

[12]Pho, baphi abahlakaniphileyo bakho na? Mabakutshele, bakwazise lokhu akucebile uJehova Sebawoti ngeGibithe.

[13]Izikhulu zaseSowani ziphendukile iziwula, izikhulu zaseNofi zikhohlisiwe; balidukisile iGibithe abangamatshe amagumbi ezizwe zalo.

[14]UJehova uthulule umoya ophambeneyo phakathi kwabo, baze balintengantengise iGibithe kuyo yonke imisebenzi yalo njengesidakwa sintengantenga ebuhlanzweni baso.

[15] IGibithe aliyikuba namsebenzi oyakwenziwa yikhanda nomsila, negatsha lesundu nomhlanga.

[16]Ngalolo suku iGibithe liyakuba njengabesifazane, lithuthumele, lesabe ukunikina kwesandla sikaJehova Sebawoti asinikina phezu kwalo.

[17]Izwe lakwaJuda liyakuba yingebhe yeGibithe; njalo lapho likhunjuzwa ngalo, liyakwesaba icebo uJehova Sebawoti alicebe ngalo.

[18] Ngalolo suku kuyakuba yimizi eyisihlanu ezweni laseGibithe eyakukhuluma ulimi lwaseKhanani, ifunge uJehova Sebawoti; omunye uyakuthiwa uMuzi Welanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Ngalolo suku kuyakuba khona i-altare kuJehova phakathi kwezwe laseGibithe, nensika kuJehova emkhawulweni walo.

20Liyakuba yisibonakaliso nobufakazi kuJehova Sebawoti ezweni laseGibithe, ngokuba bayakukhala kuJehova ngabacindezeli; yena uyakubathumela umsindisi nomvikeli, abophule.

21 UJehova uyakuzazisa eGibithe, nabaseGibithe bayakumazi uJehova ngalolo suku, bamkhonze ngomhlatshelo nomnikelo, benze izithembiso kuJehova, bazigcwalise.

22UJehova uyakulishaya iGibithe, elishaya, abeseliphulukisa; bayakubuyela kuJehova, bamncenge, abaphulukise.

23Ngalolo suku kuyakuba khona umendo ophuma eGibithe uye e-Asiriya; i-Asiriya liyakungena eGibithe, iGibithe lingene e-Asiriya, iGibithe likhuleke kanye ne-Asiriya.

24Ngalolo suku u-Israyeli uyakuba ngowesithathu kanye neGibithe ne-Asiriya, babe yisibusiso phakathi komhlaba,

25uJehova Sebawoti ababusisa ngaso, ethi: Malibusiswe iGibithe abantu bami, ne-Asiriya umsebenzi wezandla zami, no-Israyeli ifa lami.

## U-Isaya 20

### Isiprofetho ngeGibithe neKushe

1 Ngomnyaka wokufika kukaTharithani e-Ashidodi, ethunywe nguSarigoni, inkosi yase-Asiriya, walwa ne-Ashidodi, walithatha,

2ngaleso sikhathi uJehova wakhuluma ngesandla sika-Isaya indodana ka-Amose, wathi: Hamba uthukulule indwangu yamasaka okhalweni lwakho, ukhumule izicathulo zakho ezinyaweni zakho. Wenze njalo, wahamba ze, akafakanga nazicathulo.

3 UJehova wathi: Njengalokhu inceku yami u-Isaya isihambe ze ingafakile nazicathulo iminyaka emithathu, iyisibonakaliso nesimangaliso eGibithe naseKushe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[4]kanjalo inkosi yase-Asiriya iyakumukisa abathunjwa baseGibithe nabaxoshiweyo baseKushe, abasha nabadala, behamba ze, bengafakile nazicathulo, izinqe zabo zihlubuliwe, kube yihlazo laseGibithe.

[5] Bayakuphela amandla, babe namahloni ngeKushe ithemba labo nangeGibithe udumo lwabo.

[6]Abakhileyo kuleli elingasogwini bayakuthi ngalolo suku: Bheka, linjalo ithemba lethu esabalekela kulo ukuba sisizwe, sophulwe enkosini yase-Asiriya; pho-ke, thina siyakuphunyuka kanjani na?

## U-Isaya 21

### Isiprofetho ngeBabele

[1]Isiprofetho ngehlane lolwandle. Njengokudlula kwezivunguvungu eningizimu kuvela ehlane ezweni elesabekayo.

[2]Ngitshelwe umbono olukhuni: umphangi uyaphanga, umchithi uyachitha. Yenyuka, Elamu, vimbezela, Mediya; konke ukukhala kwalo ngikwenza kuphele.

[3]Ngalokho ukhalo lwami lugcwele imihelo; inkwantshu ingibambile njengenkwantshu yobelethayo; ngikhonkobele ukuba ngingezwa, ngiphele amandla ukuba ngingaboni.

[4]Ngadukelwa yingqondo, ngashaywa luvalo; ukuhwelela engakulangazelela kwaphenduka ukuthuthumela kimi.

[5]Ngukulungisa itafula yini? Ngukwendlala izindwangu, ukudla nokuphuza, na? Hhayi, sukumani, zikhulu, nicobe izihlangu.

[6]Ngokuba ishilo kanje iNkosi, yathi: Hamba umise umlindi ozakubika akubonayo.

[7]Lapho ebona abamahhashi, amahhashi amabili ngamabili, nezinkweli zezimbongolo, nezinkweli zamakamela, uyakuqaphela nokuqaphela ngesineke esikhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Obonayo wayesememeza, wathi: Nkosi yami, ngimi njalo emini
embhoshongweni wami, ngihlezi ngisemlindelweni nasebusuku bonke.

9 Bheka, kuyeza isigaba samadoda, amahhashi amabili ngamabili. Wathatha
wathi: Liwile, liwile iBabele, nazo zonke izithombe ezibaziweyo
zawonkulunkulu balo zidilizwe phansi.

10 Wena ongokubhuliweyo kwami kwesibuya sami, engikuzwileyo kuJehova
Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, khona ngiyanazisa.

### Isiprofetho ngeDuma

11 Isiprofetho ngeDuma. Ukhona ongimemeza ngiseSeyiri, ethi: Mlindi,
yisikhathi sini sobusuku na? Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?

12 Umlindi wathi: Kuyeza ukusa, kepha kuse sebusuku. Uma nithanda
ukubuza, buzani; buyani nize.

### Isiprofetho nge-Arabiya

13 Isiprofetho nge-Arabiya. Hlalani ebusuku ehlathini lase-Arabiya nina
mahele aseDedanimi.

14 Owomileyo bamlethela amanzi abakhileyo ezweni laseThema,
bahlangabeza ababalekayo nesinkwa.

15 Ngokuba babalekela izinkemba, izinkemba ezihoshiweyo, neminsalo
ensaliweyo, nobunzima bempi.

16 Ngokuba iNkosi ishilo kimi kanje, yathi: Phakathi komnyaka,
njengeminyaka yomqashwa, udumo lonke lwaseKedari luyakuphela,

17 nensali yenani leminsalo yamaqhawe abaseKedari iyakuba ncane, ngokuba
uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ukhulumile.

## U-Isaya 22

### Isiprofetho ngesiGodi Sombono

1 Isiprofetho ngesiGodi Sombono. Yini, pho, ukuba ukhuphukele wonke
ophahleni lwezindlu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[2]wena muzi ogcwele ukumemeza, oxokozelayo, muzi othokozayo, na? Ababuleweyo bakho ababulawanga ngenkemba, kabafelanga empini.

[3] Zonke izinduna zakho zibalekile kanyekanye, zaboshwa ngaphandle kweminsalo; zonke ezakho ezafunyanwayo zaboshwa kanyekanye, noma zazibalekele kude.

[4] Ngalokho ngathi: Ningangibheki, ngiyakukhala ngomunyu; ningazami ukungiduduza ngenxa yokuchithwa kwendodakazi yabantu bami.

[5]Ngokuba kulusuku lokukhathazeka, nolokunyathelwa phansi, nolokukhungatheka, oluvela eNkosini uJehova Sebawoti esiGodini Sombono kanye nokudilizwa kwezingange nokumemeza ezintabeni.

[6]I-Elamu lathwala isambo phakathi kwezinqola, nabantu, namahhashi, neKhiri lambula isihlangu.

[7]Kwathi izigodi zakho ezikhethekileyo zagcwala izinqola, nabamahhashi bazihlela nokuzihlela ngasesangweni.

[8] Wasisusa isimbozo kwaJuda; wena wabheka ngalolo suku izikhali zasendlini yehlathi.

[9]Nabona imifantu emzini kaDavide ukuthi yayiminingi, nawaqoqa amanzi asechibini lasenzansi.

[10] Nazibala izindlu zaseJerusalema, nazidiliza izindlu ukuba niluqinise ugange.

[11] Futhi nenzela amanzi echibi elidala umgodi phakathi kwezingange zombili, kepha anibhekanga kumenzi walokho, animnakanga okade wakunquma.

[12]Ngalolo suku iNkosi uJehova Sebawoti yabizela ukukhala, nokulila, nobumpandla, nokubhinca indwangu yamasaka,

[13] kepha bheka, nakhu ukujabula, nokuthokoza, nokubulala izinkabi, nokuhlaba izimvu, ukudla inyama nokuphuza iwayini, ngokuthi: Masidle, siphuze, ngokuba ngomuso sizakufa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Kepha uJehova Sebawoti wazibonakalisa ezindlebeni zami, wathi: Impela lesi sono asiyikuhlangulwa kini nize nife, isho iNkosi uJehova Sebawoti.

### Isiprofetho ngoShebina no-Eliyakimi

15Isho kanje iNkosi uJehova Sebawoti, ithi: Hamba uye kuleyo nduna uShebina ophezu kwendlu, uthi:

16 Wenzani lapha, futhi unobani lapha ukuba uziqophele lapha ithuna na? Uziqophela ithuna lakhe phezulu, uzikipilitela indawo yokuhlala edwaleni!

17 Bheka, uJehova uyakukulahla njengalokhu umuntu elahla, abambe nokubamba.

18Uyakukuthandela nokukuthandela njengokuthandelweyo, akulahle njengegabade ezweni elibanzi. Uyakufela khona, lapho kuyakuba khona nezinqola zodumo lwakho wena hlazo lendlu yenkosi yakho.

19Ngiyakukuhlohloloza esikhundleni sakho, ngikuwise endaweni yakho.

20 Kuyakuthi ngalolo suku ngiyibize inceku yami u-Eliyakimi indodana kaHilikiya;

21ngiyakumembathisa ingubo yakho, ngimqinise ngebhande lakho, nginikeze ukubusa kwakho esandleni sakhe, abe nguyise kwabakhileyo eJerusalema nakuyo indlu yakwaJuda.

22Ngiyakubeka isihluthelelo sendlu kaDavide ehlombe lakhe; uyakuvula kungavali muntu, avale kungavuli muntu.

23Ngiyakumbethelisa okwesipikili endaweni eqinileyo, abe yisihlalo sobukhosi esikhazimulayo endlini kayise.

24Bayakuphanyeka phezu kwakhe lonke udumo lwendlu kayise, inzalo nabantwana, zonke izitsha ezincane, imicengezi nezinkamba.

25 Ngalolo suku, usho uJehova Sebawoti, isipikili esabethelwa endaweni eqinileyo siyakukhumuka, sinqanyulwe, siwe, nomthwalo obukuso unqunywe, ngokuba uJehova ukhulumile.

## U-Isaya 23

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## Isiprofetho ngeTire

1 Isiprofetho ngeTire. Klewulani nina, Mikhumbi yaseTharishishi, ngokuba lichithekile; indlu ayisekho, nokungena akusenakwenzeka; kwambulelwe kubo kuvela ezweni laseKitimi.

2Thulani nina enakhileyo ngasogwini, nina abathengisi baseSidoni abanigcwalisile bedabula elwandle.

3Emanzini amaningi imbewu yaseSihori nokuvuna kweNayile kwakuyinzuzo yalo; laliyindawo yokuthenga kuzo izizwe.

4Yiba namahloni wena Sidoni, ngokuba lukhulumile ulwandle, inqaba yolwandle, ngokuthi: Angibanga namihelo, angizalanga, angikhulisanga izinsizwa, angondlanga izintombi.

5Lapho kubikwa eGibithe, bayakuthuthumela ngokuzwa ngeTire.

6Welani niye eTharishishi; klewulani nina enakhileyo ngasogwini.

7Yilowo ongumuzi wenu ojabulayo, ubudala bawo busukela ezinsukwini zasendulo, owayiswa kude yizinyawo zawo ukuba uhlale khona, na?

8 Ngubani ocebe lokhu ngeTire eliqhelisayo, elibathengi balo bayizikhulu, nabahwebi balo bangabadumileyo bomhlaba, na?

9NguJehova Sebawoti okucebileyo ukuba konakaliswe ukuziphakamisa kwabo bonke ubukhosi, badeleleke bonke abadumileyo bomhlaba.

10Dabula izwe lakho njengeNayile, ndodakazi yaseTharishishi; akusekho bhande.

11Welulile isandla sakhe phezu kolwandle, wazamazamisa imibuso; uJehova uyalezile ngeKhanani ukuba kuchithwe izinqaba zalo.

12Wathi: Awusayikujabula wena ntombi ehlazisiweyo, ndodakazi yaseSidoni; vuka, uwelele eKitimi; nalapho awuyikuthola ukuphumula.

13Bheka, izwe lamaKaledi, leso sizwe esingasekho, esanqunyelwa yi-Asiriya izilwane zasehlane, limisa imibhoshongo, lizenza ize izindlu zaso zamakhosi, lenza laba yincithakalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Klewulani nina mikhumbi yaseTharishishi, ngokuba inqaba yenu ichithekile.

15Kuyakuthi ngalolo suku iTire likhohlakale iminyaka engamashumi ayisikhombisa njengezinsuku zankosinye. Ngasekupheleni kweminyaka engamashumi ayisikhombisa kuyakuba khona kulo iTire njengasesihlabelelweni sesifebe:

16 Thatha ihabhu, uhambahambe emzini wena sifebe esikhohlakeleyo, ubethe kamnandi, uhlabelele izihlabelelo eziningi, ukuze ukhunjulwe.

17Kuyakuthi ngasekupheleni kweminyaka engamashumi ayisikhombisa uJehova ahambele iTire, lona libuyele enzuzweni yalo, lifebe nayo yonke imibuso yezwe ebusweni bomhlaba.

18 Intengo yalo nenzuzo yalo iyakuba ngcwele kuJehova; ayiyikunqwabelwa, ilondolozwe, ngokuba intengo yalo iyakuba ngeyabahlala phambi kukaJehova, ukuze badle basuthe, babe nezingubo ezinhle.

## U-Isaya 24

### Ukwahlulelwa kwezwe

1 Bheka, uJehova wenza ize umhlaba, awuchithe, agumbuqele ubuso bawo, ahlakaze abakhileyo kuwo.

2 Kuyakuthi njengakubantu kube njalo kumpristi, nanjengasencekwini kube njalo enkosini yayo, nanjengasencekukazini kube njalo enkosikazini yayo, nanjengakumthengi kube njalo kumthengisi, nanjengakotshelekayo kube njalo kobolekayo, nanjengakobiza inzalo kube njalo kokhokha inzalo.

3Umhlaba uyakuba yize leze, uphangwe nokuphangwa, ngokuba uJehova ukhulumile izwi lakhe.

4 Umhlaba uyalila, ubune; izwe liyaphela amandla, linyamalale, abaphakemeyo bomhlaba badangale.

5Umhlaba wonakalisiwe phansi kwabakhileyo kuwo, ngokuba beqile imithetho, badlulile ezimisweni, baphulile isivumelwano esiphakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Ngalokho isiqalekiso sidlile umhlaba, nabakhileyo kuwo batholiswa icala; ngalokho abakhileyo emhlabeni bayashiswa, kusale abantu abayingcosana nje.

7 Iwayini elisha liyalila, umvini uyahhuma, bonke ababethokoza ngenhliziyo bayabubula.

8 Ukujabula kwezigubhu kunqamukile, ukuxokozela kwabajabulayo kuphelile, nenjabulo yehabhu ikhawukile.

9 Abasayikuphuza iwayini ngesihlabelelo; uphuzo olunamandla luyakubaba kubo abaluphuzayo.

10 Umuzi oyihlane ubhidliziwe; zonke izindlu zivaliwe ukuba kungangeni muntu.

11 Kukhalwa ngewayini ezitaladini; yonke intokozo inyamalele; injabulo yezwe idlulile.

12 Emzini kusele incithakalo; isango livithiziwe, lachithwa.

13 Ngokuba kuyakuba njalo emhlabeni phakathi kwabantu, njengokushaywa kweminqumo nanjengokukhothoza, lapho sekuvuniwe.

14 Laba bayaphakamisa izwi labo, bamemeze; bajabula ngobukhosi bukaJehova entshonalanga.

15 Ngalokho mdumiseni uJehova empumalanga, nasogwini lolwandle igama likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

16 Siyezwa amahubo avela emikhawulweni yomhlaba, athi: Udumo malube koLungileyo! Kepha mina ngithi: Ngifile, ngifile! Maye kimi! Abakhohlisi bakhohlisile, yebo, abakhohlisi bakhohlisile nokukhohlisa.

17 Ukwesaba, nomgodi, nogibe kuphezu kwakho wena owakhileyo emhlabeni.

18 Kuyakuthi obalekela umsindo wokwesaba awele emgodini; okhuphuka emgodini uyakubanjwa lugibe, ngokuba amafasitele aphezulu avuliwe, nezisekelo zomhlaba ziyazamazama.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[19]Umhlaba uyaphuka nokwaphuka, umhlaba uyavithizwa nokuvithizwa, umhlaba uyazanyazanyiswa nokuzanyazanyiswa.

[20]Umhlaba uyatengezela nokutengezela njengesidakwa, uyantengantenga njengexhiba; isiphambeko siyakuba nzima phezu kwawo, uwe, ungabe usavuka futhi.

[21]Kuyakuthi ngalolo suku uJehova ahambele ibandla lasezulwini phezulu, namakhosi omhlaba emhlabeni.

[22]Bayakubuthelwa ndawonye njengeziboshwa zibuthelwa emgodini, bavalelwe etilongweni, bajeziswe emva kwezinsuku eziningi.

[23] Inyanga ekhazimulayo isiyakuyangaza, nelanga elinkemuzelayo liyakujabha, ngokuba uJehova Sebawoti uyakuba yinkosi entabeni yaseSiyoni naseJerusalema, abe yinkazimulo phambi kwamalunga akhe.

## U-Isaya 25

### Insindiso kaJehova

[1] Jehova, unguNkulunkulu wami; ngiyakukuphakamisa, ngidumise igama lakho, ngokuba wenzile izimangaliso, namasu asendulo, nokuthembeka, neqiniso.

[2] Ngokuba wenzile umuzi waba yinqwaba, nomuzi obiyelweyo waba yincithakalo; indlu yamakhosi abafokazi ayiseyiwo umuzi, ayisayikwakhiwa futhi kuze kube phakade.

[3]Ngalokho abantu abanamandla bayakukudumisa, imizi yezizwe ezinonya zikwesabe.

[4] Ngokuba ubuyinqaba kwabampofu, inqaba kwabaswelayo ekucindezelweni kwabo, isiphephelo esivunguvungwini, umthunzi ekubaleleni, ngokuba umoya waba nonya, unjengesivunguvungu odongeni,

[5]nanjengokushisa endaweni eyomileyo. Uyathobisa umsindo wabafokazi; njengokubalela ngomthunzi wefu, kanjalo ihubo labanonya liyakudanjiswa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 UJehova Sebawoti uyakwenzela abantu bonke idili lokukhulupheleyo kule ntaba, idili lewayini elinenhlese, okukhulupheleyo okunomnkantsha, iwayini elinenhlese elicwengekileyo.

7 Uyakuchitha kule ntaba ingaphandle lesimbozo esimboza abantu bonke, nomgubuzelo ogubuzela zonke izizwe.

8 Uyakugwinya ukufa kuze kube phakade; iNkosi uJehova iyakwesula izinyembezi ebusweni bonke, isuse amahloni abantu bakhe emhlabeni wonke, ngokuba uJehova ukhulumile.

9 Kuyakuthiwa ngalolo suku: Bheka, lo unguNkulunkulu wethu; simhlalele, uyakusisindisa; lo unguJehova; simhlalele; siyakujabula, sithokoze ngensindiso yakhe.

10 Ngokuba kule ntaba isandla sikaJehova siyakuphumula, noMowabi uyakunyathelwa phansi endaweni yakhe njengotshani bunyathelwa emgodini womquba.

11 Noma elula izandla zakhe phakathi kwawo njengohlambayo elula ukuba ahlambe, uyakuthobisa ukuziphakamisa kwakhe kanye nobuhlakani bezandla zakhe.

12 Izinqaba eziphakemeyo zezingange zakho uyakuzibhidliza, azithobise, azenze ukuba zithintane nomhlabathi nothuli.

## U-Isaya 26

### Isihlabelelo sokusindiswa nokwahlulelwa

1 Ngalolo suku lesi sihlabelelo siyakuhlatshelelwa ezweni lakwaJuda sokuthi: Umuzi onamandla sinawo; uyasimisela insindiso ibe yizingange nezindonga.

2 Vulani amasango ukuba isizwe esilungileyo esigcina iqiniso singene.

3 Inhliziyo eqinileyo uyayilinda ngokuthula okupheleleyo, ngokuba yethemba kuwe.

4 Thembani kuJehova kuze kube phakade, ngokuba uJehova, yebo, uJehova uyidwala elingunaphakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Ngokuba uthobisile ababehlezi phezulu, umuzi ophakemeyo; uyawubhidliza, uyawubhidliza kuze kube semhlabathini, awusondeze nasothulini.

6 Unyawo luyakuwunyathela phansi, izinyawo zabaswelayo, izinyathelo zabampofu.

7 Indlela yabalungileyo iqondile, umkhondo wabaqotho ulungile, uyawenza ukuba ulingane.

8 Yebo, ezindleleni zezahlulelo zakho, Jehova, sikuhlalele. Umphefumulo uyalangazelela igama lakho nesikhumbuzo sakho.

9 Ngomphefumulo wami ngikulangazelela ebusuku, yebo, ngomoya wami ophakathi kwami ngiyakufunisisa, ngokuba lapho izahlulelo zakho zisemhlabeni, abakhileyo bezwe bafunda ukulunga.

10 Uma omubi ephiwa umusa, akafundi ukulunga; ezweni lobuqotho uyakwenza ukonakala, angaboni ukuphakama kukaJehova.

11 Jehova, isandla sakho siphakeme, kepha kababoni; kodwa mababone ukushisekela kwakho abantu, babe namahloni; yebo, umlilo uyakuqeda izitha zakho.

12 Jehova, uyakusimisela ukuthula; ngokuba nayo yonke imisebenzi yethu senzelwe yona nguwe.

13 Jehova Nkulunkulu wethu, amanye amakhosi angaphandle kwakho asibusile, kepha kuwena wedwa siyadumisa igama lakho.

14 Abafileyo ababuyi baphile, izithunzi azibuyi zivuke; ngalokho wabahambela, wabachitha, wenza ukuba konke ukukhunjulwa kwabo kuphele.

15 Wandisa isizwe, Jehova, wandisa isizwe, wadunyiswa, wavula yonke imikhawulo yezwe.

16 Jehova, besekuhluphekeni bakuhambela, bazethula ngemikhuleko lapho belaywa nguwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Njengokhulelweyo osondela ukuba abelethe ezwiswa ubuhlungu, saba njalo phambi kobuso bakho, Jehova.

18Sasikhulelwe, sasinobuhlungu, sabeletha kungathi umoya nje; asenzanga insindiso emhlabeni, nabayakwakha ezweni abasazalwa.

19 Kepha abafileyo bakho bayakubuye baphile, izidumbu zabo zivuke. Phaphamani, nijabule nina enihlala othulini, ngokuba amazolo akho angamazolo okukhanya, nomhlaba uyakubakhipha abafileyo.

20 Wozani, bantu bami, ningene emakamelweni enu, nizivalele iminyango, nicashe ngokuphazima kweso, kuze kudlule ulaka.

21 Ngokuba bhekani, uJehova uyaphuma endaweni yakhe ukuba ahambele ububi babakhileyo emhlabeni; umhlaba uyakubonakalisa igazi lawo, ungabe usabasibekela ababuleweyo babo.

## U-Isaya 27

### Ukubuyiswa kuka-Israyeli

1 Ngalolo suku uJehova uyakuhambela ngenkemba yakhe elukhuni enkulu nenamandla uLeviyathani, inyoka esheshayo, uLeviyathani, inyoka ethandelayo, abulale udrako oselwandle.

2 Ngalolo suku kuyakuba khona isivini esinxanelekayo. Hlabelelani ngaso.

3 Mina Jehova ngingumlindi waso, ngiyakusinisela njalo; funa soniwe, ngiyakusilinda ubusuku nemini.

4 Ukufutheka akukho kimi; sengathi kungaba khona amakhakhasi nameva! Bengiyakuwasukela ngokulwa, ngiwashise kanyekanye,

5noma abambelele emandleni ami ukuba enze ukuthula nami, enzelane ukuthula nami.

6 Ngezinsuku ezizayo uJakobe uyakugxila, u-Israyeli akhahlele, aqhakaze, bagcwalise ubuso bomhlaba ngezithelo.

7Ubashayile njengalokho ebashayile ababashayayo na? Babulewe njengokubulawa kwababulewe nguye na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[8] Ngokubamukisa nangokubaxosha uyabajezisa; wabasusa ngomoya wakhe olukhuni ngosuku lomoya wasempumalanga.

[9] Ngakho ububi bukaJakobe buyakuhlangulwa ngalokhu, lokhu kube yisithelo sonke sokususa isono sakhe, lapho enza ukuba onke amatshe e-altare avithizeke njengamatshe omcako, kungabe kusamiswa o-Ashera nama-altare empepho.

[10]Ngokuba umuzi obiyelweyo uyize, nekhaya limukelwe, lishiyiwe njengehlane; ithole liyakuklaba khona, libuthise khona, lidle, liqede amahlamvu awo.

[11]Lapho amagatsha awo esebunile, ayakwaphulwa, kufike abesifazane, baphembe umlilo kuwo, ngokuba bangabantu abangenakuqonda; ngalokho owabenzayo akayikubahawukela, nowababumbayo akayikuba namusa kubo.

[12]Kuyakuthi ngalolo suku uJehova avuthuze ezikhwetshini zasemfuleni kuze kube semfuleni waseGibithe, nibuthwe abanye ngabanye nina bantwana bakwa-Israyeli.

[13] Kuyakuthi ngalolo suku libethwe icilongo elikhulu, kufike ababelahlekile ezweni lase-Asiriya nabaxoshiweyo ezweni laseGibithe, bakhuleke kuJehova entabeni engcwele eJerusalema.

## U-Isaya 28

### Isiprofetho ngo-Efrayimi

[1]Wo kuwo umqhele wokuziphakamisa wezidakwa zakwa-Efrayimi, nakuyo imbali ebunayo yobuhle bakhe obukhazimulayo, esenhloko yesigodi esivundileyo sabanqotshwe yiwayini.

[2] Bheka, iNkosi inaye oqinileyo nonamandla; uyakuwisa phansi ngamandla njengesivunguvungu esinesichotho, nesiphepho esichithayo, nesiphihli samanzi esinamandla esikhukhulayo.

[3] Umqhele wokuziphakamisa wezidakwa zakwa-Efrayimi uyakunyathelwa ngezinyawo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4imbali ebunayo yobuhle bakhe obukhazimulayo, esenhloko yesigodi esivundileyo, ibe njengekhiwane elivuthiwe kungakafiki ukuvuna; olibonayo uyalibuka, aligwinye, lise sesandleni sakhe.

5 Ngalolo suku uJehova Sebawoti uyakuba ngumqhele wobukhosi, nesicoco esihle kuyo insali yabantu bakhe,

6nomoya wokwahlulela kohlezi ekwahluleleni, namandla kubo ababuyisa impi esangweni.

### Ukonakala kwaseJerusalema

7Nalabo baduka ngewayini; ngophuzo olunamandla bayatengezela; abapristi nabaprofethi bayaduka ngophuzo olunamandla, bayatengezela ngophuzo olunamandla; bayaduka ekuboneni, bakhubeka ekwahluleleni.

8Yebo, onke amatafula agcwele ubuhlanzo nokungcola, kungabe kusabakho ndawo.

9 Ngubani ayakumfundisa ukwazi, aqondise bani umbiko, na? Yibo abalunyuliweyo obisini, basuswa emabeleni, na?

10Ngokuba kuyisiyalezelo phezu kwesiyalezelo, isiyalezelo phezu kwesiyalezelo, umthetho phezu komthetho, umthetho phezu komthetho, lapha ingcosana, nalapho ingcosana.

11 Yebo, ngezindebe ezingingizayo nangolunye ulimi uyakukhuluma kulaba bantu

12 akade esho kubo ukuthi: Lokhu kungukuphumula; phumuzani abayethileyo; lokhu kungukuhlunyelelwa, Kepha abathandanga ukuzwa.

13Ngalokho izwi likaJehova liyakuba kubona isiyalezelo phezu kwesiyalezelo, isiyalezelo phezu kwesiyalezelo, umthetho phezu komthetho, umthetho phezu komthetho, lapha ingcosana, nalapho ingcosana, ukuze bahambe, bawe nyovane, baphuke, bacushwe, babanjwe.

14Ngalokho yizwani izwi likaJehova nina bantu abadelelayo, enibusa laba bantu baseJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[15]Ngokuba nithe: Senzile isivumelwano nokufa, sivumelene nendawo yabafileyo; lapho isiswebhu esikhukhulayo sidlula, asiyikusehlela thina, ngokuba senzile amanga abe yisiphephelo sethu, sicashile phansi kwenkohliso.

[16] Ngalokho ithi iNkosi uJehova: Bheka, ngibeka eSiyoni itshe lesisekelo, itshe elivivinyekileyo, itshe legumbi elinqabileyo lesisekelo esiyiso; okholwayo kayikubaleka.

[17]Ngiyakwenza ukwahlulela kube ngumucu wokulinganisa, nokulunga kube ngumthofu wokumisa, isichotho sihlwithe isiphephelo samanga, amanzi akhukhule indawo yokucasha.

[18]Futhi isivumelwano senu nokufa siyakuchithwa, nokuvumelana kwenu nendawo yabafileyo akuyikuma; lapho isiswebhu esikhukhulayo sidlula, niyakunyathelwa phansi yiso.

[19]Njalo lapho sidabula, siyakunibamba, ngokuba siyakudabula ukusa ngokusa imini nobusuku, kube ngukwesaba kuphela, lapho umbiko uqondwa.

[20]Ngokuba umbhede uyakuba mfushane kunokuba umuntu enabe kuwo, nengubo ibe ncane kunokuba umuntu azisonge ngayo.

[21] Ngokuba uJehova uyakusukuma njengasentabeni yasePherasimi, athukuthele njengasesigodini saseGibeyoni, ukuze enze umsebenzi wakhe, umsebenzi wakhe ongavamile, afeze isenzo sakhe, isenzo sakhe esimangalisayo.

[22] Ngalokho ningadeleli, funa izibopho zenu ziqiniswe, ngokuba ngizwile eNkosini uJehova Sebawoti ukuthi ukuphela kunqunyiwe phezu kwawo wonke umhlaba.

[23]Bekani indlebe, nizwe izwi lami; lalelani, nizwe ukukhuluma kwami.

[24]Umlimi, eyakutshala, ulima lonke usuku na? Uyaduba abhuqe umhlabathi wakhe njalo na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Lapho esehlelembile ubuso bawo, angithi uhlwanyela amafitshizi, asakaze
ikumini, atshale ukolweni ngezinhla, nebhali ezindaweni zalo, nokolweni
ocolekileyo eceleni, na?

26UNkulunkulu wakhe uyamhlakahlisa ngendlela eyiyo, amfundise.

27Ngokuba amafitshizi awabhulwa ngesibhulo esibukhali, nesondo
lengqukumbane kaliphendulwa phezu kwekumini, kepha amafitshizi
ayavuthuzwa ngenduku nekumini ngothi.

28Amabele esinkwa ayacolwa na? Cha, ngokuba awabhulwa nokubhulwa
njalo; nakuba eqhuba isondo lengqukumbane namahhashi alo phezu kwawo,
awacolisiswa.

29Nalokho kuvela kuJehova Sebawoti oyisimangaliso ekululekeni nomkhulu
emaswini.

## U-Isaya 29

### Ukuwa nokuvuswa kwe-Ariyeli

1Wo kuwe Ariyeli, Ariyeli, umuzi lapho amisa khona uDavide. Yengezelani
umnyaka emnyakeni, imikhosi iyingilize,

2ngize ngilicindezele i-Ariyeli, kube khona ukukhala nokububula, libe njenge-
Ariyeli kimi.

3Ngiyakumisa, ngikuhaqe nxazonke zakho, ngikuvimbezele ngezinqaba,
ngikumisele izindonga.

4Uyakubhidlizelwa phansi, ukhulume usemhlabathini; ukukhuluma kwakho
kuyakuthotshiselwa phansi, kuphume othulini, izwi lakho libe
njengelonedlozi livela emhlabathini, ukukhuluma kwakho kubethe imilozi
othulini.

5 Kodwa isixuku sezitha zakho siyakuba njengebhuqu elicolekileyo, noquqaba
lwabacindezeli njengamakhoba adlulayo, yebo, kuyakwenzakala
ngokuzumayo ngokuphazima kweso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Uyakuhanjelwa nguJehova Sebawoti ngokuduma nangokuzamazama, nangomsindo omkhulu, nangesivunguvungu, nangesiphepho, nangelangabi lomlilo oqothulayo.

7 Isixuku sezizwe zonke ezisukela i-Ariyeli, ezisukela lona kanye nenqaba yalo, nezilicindezelayo, siyakuba njengephupho nombono wasebusuku.

8 Kuyakuba njengolambileyo ephupha ukuthi uyadla, kepha evuka usenephango, noma njengowomileyo ephupha ukuthi uyaphuza, kepha evuka uyethile, womile; siyakuba njalo isixuku sezizwe zonke ezisukela intaba yaseSiyoni.

**Ubumpumputhe bokomoya**

9 Zimangaliseni, nimangale; ziphuphuthiseni, niphuphutheke; badakiwe, kepha kungengewayini, bayatengezela, kodwa kungengaphuzo olunamandla.

10 Ngokuba uJehova uthulule phezu kwenu umoya wobuthongo obunzima; uwavalile amehlo enu, usibekele abaprofethi benu nezinhloko zenu ababoni.

11 Umbono wakho konke lokho wawusuba kini njengamazwi encwadi enamathelisiweyo enikwa owazi incwadi ngokuthi: Ake ufunde lokhu, abesethi yena: Angikwazi, ngokuba inamathelisiwe,

12 incwadi bese yinikwa ongayazi incwadi ngokuthi: Ake ufunde lokhu, abesethi yena: Angiyazi incwadi.

13 Yathi iNkosi: Ngenxa yokuba laba bantu besondela, bangidumise ngemilomo yabo nangezindebe zabo, kodwa bazidedisele kude nami izinhliziyo zabo, nokungesaba kwabo kungumyalo wabantu abawufundisiweyo nje,

14 ngalokho ngiyakubuye ngenzele laba bantu izenzo ezimangalisayo, izimangaliso impela; ukuhlakanipha kwabahlakaniphileyo babo kuyakuphela, nokuqonda kwabaqondileyo babo kuyakusitheka.

15 Wo kubona abajula ukuba basithezele uJehova isu labo, abamisebenzi yabo isebumnyameni, nabasho ukuthi: Ngubani osibonayo, ngubani osaziyo, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 O ukuphendukezela kwenu! Ibumba liyakulinganiswa nombumbi yini, ukuze okwenziweyo kusho ngokwenzileyo ukuthi: Yena akangenzanga, na? noma okubunjiweyo kusho ngokubumbileyo ukuthi: Akanakuqonda, na?

17 Akuseyisikhashana nje iLebanoni lize liphenduke insimu, nensimu ithiwe ihlathi, na?

18 Ngalolo suku izithulu ziyakuzwa amazwi encwadi, namehlo ezimpumputhe ayakubona, engasenakufiphala ngesigayegaye nabumnyama.

19Abathobekileyo bayakwandisa intokozo yabo kuJehova, nabampofu kubantu bayakujabula koNgcwele ka-Israyeli.

20Ngokuba umcindezeli akasayikuba khona, nesideleli siyakube singasekho, nabo bonke abazulumba ububi bayakube beqothuliwe,

21ababemtholisa umuntu icala ngezwi nje, bambekela ugibe yena owathetha amacala esangweni, bachezukisa olungileyo ngento engelutho.

22Ngalokho ngendlu kaJakobe usho kanje uJehova owamhlenga u-Abrahama, uthi: UJakobe akasayikuba namahloni, nobuso bakhe abusayikuphaphatheka.

23 Ngokuba lapho ebona abantwana bakhe, umsebenzi wezandla zami phakathi kwakhe, bayakungcwelisa igama lami, yebo, bayakungcwelisa oNgcwele kaJakobe, bamesabe uNkulunkulu ka-Israyeli.

24Abaduka emoyeni bayakwazi, baqonde, nabakhononayo bayakufunda, bakwamukele.

## U-Isaya 30

### Izwi lokumelana nesivumelwano neGibithe

1 Wo kubantwana abahlubukileyo, usho uJehova, abenza iziluleko, kungengezami nokho, nabenza isivumelwano, kungengesomoya wami kodwa, ukuze bengeze isono esonweni,

2 abahamba ukuba behlele eGibithe, bengacelanga emlonyeni wami, baziqinise emandleni kaFaro, baphephele emthunzini waseGibithe!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Ngalokho amandla kaFaro ayakuba ngamahloni kini, ukuphephela kwenu emthunzini waseGibithe kube ngukudumala kini.

4 Ngokuba noma izikhulu zakhe ziseSowani, nezithunywa zakhe zifinyelela eHanesi,

5 bonke bayakuba namahloni ngabantu abangenakubasiza, abangenansizakalo nanzuzo, kepha bengamahloni nehlazo kuphela.

6Isiprofetho ngezilwane zaseNingizimu. Badabula izwe losizi nelokuhlupheka, lapha kuvela khona ibhubesi nebhubesikazi, ibululu nenyoka endizayo, bethwala imfuyo yabo emihlane yezimbongolo nengcebo yabo phezu kwamalunda amakamela bakuyise kubantu abangenansizakalo.

7IGibithe lisiza ngeze nangento engelutho; ngalokho ngilibize ngokuthi iRahabi elihlezi lithule.

8 Manje hamba ukulobe phambi kwabo esibhebheni, ukubhale encwadini ukuba kube ngubufakazi besikhathi esizayo kuze kube phakade.

9 Bangabantwana abahlubukileyo, abantwana abaqamba amanga, abantwana abangathandi ukuzwa umthetho kaJehova,

10 abathi kubaboni: Ningabe nisabona, nakubaprofethi: Ningasiprofetheli okuqinisileyo, kepha khulumani kithina okuthophayo, niprofethe inkohliso;

11phambukani endleleni, nichezuke emkhondweni, nimdedisele kithi oNgcwele ka-Israyeli.

12Ngalokho usho kanje oNgcwele ka-Israyeli, uthi: Njengokuba nilidelela leli zwi, nethemba kukho ukucindezela nakukho okuphambeneyo, nencike kukho,

13ngalokho lobu bubi buyakuba njengokomfantu lapho sekuzakuwa, kuvokomele ogangeni oluphakemeyo, ukudilika kwalo kufike ngokuzumayo ngokuphazima kweso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Luyabhidlizwa njengokuphahlazwa kwesitsha sombumbi, esichotshozwa singahawukelwa, kungabe kusatholakala phakathi kwezihlephu nodengezi lokuthatha umlilo eziko, nolokucakula amanzi emgodini.

15 Ngokuba yasho njalo iNkosi uJehova, oNgcwele ka-Israyeli, yathi: Niyakusindiswa ngokuphenduka nangokuphumula, amandla enu abe ngukuthula nangokwethemba; kepha anithandanga.

16 Kodwa nasho nathi: Qha, siyakubaleka ngamahhashi, ngalokho niyakubaleka: Sikhwele anejubane, ngalokho abanixoshayo bayakuba nejubane.

17 Inkulungwane iyakubaleka ngokusongela koyedwa; ngokusongela kwaba yisihlanu niyakubaleka, nize nishiywe njengensika esiqongweni sentaba nanjengebhanela phezu kwegquma.

18 Ngalokho uJehova uyakulindela ukuba abe nomusa kini; nangalokhu uyakuphakama ukuba abe nesihe kini, ngokuba uJehova unguNkulunkulu wokwahlulela; babusisiwe bonke abamhlalelayo.

### Isithembiso sikaNkulunkulu

19 Ngokuba wena sizwe esakhe eSiyoni eJerusalema ungabe usakhala nokukhala; uyakuba nomusa impela kuwe ngezwi lokudazuluka kwakho; lapho elizwa, uyakuphendula.

20 Noma iNkosi iyakukunika isinkwa sosizi namanzi okuhlupheka, abafundisi bakho abasayikucasha, kodwa amehlo akho ayakubabona abafundisi bakho,

21 nezindlebe zakho ziyakuzwa izwi emva kwakho, lithi: Nansi indlela; hambani ngayo, noma niphambuka ngakwesokunene, noma niphambuka ngakwesokhohlo.

22 Niyakujivaza okunamekiweyo kwezithombe zenu ezibaziweyo zesiliva nesimbozo sezithombe zenu ezibunjiweyo zegolide; uyakuzihlakaza njengokungcolileyo, uthi kukho: Suka lapha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Uyakunika imbewu yakho oyakuyihlwanyela emhlabathini imvula, aveze
nesinkwa ezithelweni zomhlabathi oyakuvunda, uthele kakhulu; ngalolo suku
izinkomo zakho ziyakuklaba emadlelweni abanzi.

24 Izinkabi nezimbongolo ezilima umhlabathi ziyakudla ukudla okuyolisiweyo,
okweliweyo ngefosholo nangembenge.

25 Kuzo zonke izintaba eziphakemeyo nakuwo onke amagquma amade
kuyakuba khona imifula nemifudlana yamanzi ngosuku lokuhlaba okukhulu,
lapho kuyakuwa imibhoshongo.

26 Futhi ukukhanya kwenyanga kuyakuba njengokukhanya kwelanga,
nokukhanya kwelanga kuyakuphindwa kasikhombisa njengokukhanya
kwezimini eziyisikhombisa ngosuku uJehova abopha ngalo amanxeba abantu
bakhe, aphulukise izilonda zemivimbo yabo.

### Ukunqotshwa kwe-Asiriya

27 Bheka, igama likaJehova livela kude, livutha ngolaka lwakhe, linzima
ngamafu; izindebe zakhe zigcwele intukuthelo, nolimi lwakhe lunjengomlilo
oqothulayo;

28 ukuphefumula kwakhe kunjengomfula okhukhulayo, uze ufinyelele
entanyeni, ukuhlunga izizwe ngesihlungo sokubhubhisa; itomu elidukisayo
liyakuba semihlathini yezizwe.

29 Niyakuhlabelela njengasebusuku lapho kugujwa umkhosi, nithokoze
ngenhliziyo njengalokhu kuhanjwa ngemitshingo kuyiwe entabeni kaJehova
kulo iDwala lika-Israyeli.

30 UJehova uyakulizwakalisa izwi lakhe elidumileyo, abonakalise ukwehla
kwengalo yakhe ngokuvutha kolaka lwakhe, nangelangabi lomlilo
oqothulayo, ngesivunguvungu, nangesiphepho, nangesichotho.

31 Ngokuba ngezwi likaJehova i-Asiriya liyakushaywa luvalo, lapho elishaya
ngenduku.

32 Kuyakuthi njalo lapho induku enqunyiweyo idlula, uJehova ayibeka phezu
kwalo, kube ngezigubhu nangamahabhu, alwe nalo ngengalo enikiniweyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33 Indawo yokushisela kade yahlelwa, yebo, yalungiselwa nenkosi; uyenze yajula, yaba banzi; igoqo layo lingumlilo nezinkuni eziningi, nokuphefumula kukaJehova kunjengomfula wesibabule; kuyayokhela.

## U-Isaya 31

### Ubuze beGibithe

1 Wo kubona abehlela eGibithe ukuba basizwe khona, bencike emahhashini, bethemba ezinqoleni, ngokuba ziningi, nakubo abamahhashi, ngokuba benamandla; kepha ababheki koNgcwele ka-Israyeli, noJehova abamfuni.

2 Nokho naye uhlakaniphile, uyakuletha okubi; akayikubuyisa amazwi akhe, kepha uyakuvukela indlu yababi nosizo lwabenza okubi.

3 AbaseGibithe bangabantu, abasiye uNkulunkulu, amahhashi abo ayinyama, awasiwo umoya, nalapho uJehova eyakwelula isandla sakhe uyakukhubeka naye osizayo, kuwe naye osizwayo, baphele bonke kanyekanye.

4 Ngokuba usho kanje kimi uJehova, uthi: Njengengonyama ebhongayo, ibhongo lengonyama phezu kwempango yalo, lapho abelusi abaningi belibizelwe, aliyikwesaba izwi labo, lingazithobi ngomsindo wabo, kanjalo uJehova Sebawoti uyakwehla ukuba alwe entabeni yaseSiyoni nasegqumeni layo.

5 Njengezinyoni ezindizayo kanjalo uJehova, uJehova Sebawoti, uyakulivikela iJerusalema; uyakulivikela, alophule, alidlule, alikhulule.

6 Buyelani kuye enimhlubukile ngokujulileyo kangako nina bantwana bakwa-Israyeli.

7 Ngokuba ngalolo suku bayakulahla, kube yilowo nalowo izithombe zakhe zesiliva nezithombe zakhe zegolide, ezizenzile izandla zenu zaba yisono senu.

8 I-Asiriya liyakuwa ngenkemba, kungengamuntu, nenkemba engesiyo eyomuntu iyakuliqeda; liyakubalekela usiko lwenkemba, kepha izinsizwa zalo ziyakuba yizinceku zempoqo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[9]Idwala lakhe liyakunyamalala ngovalo, nezikhulu zalo ziyakuphela amandla ngebhanela, usho uJehova omlilo wakhe useSiyoni, nosithando sakhe siseJerusalema.

## U-Isaya 32

### Umbuso wokulunga

[1]Bheka, kuyakuba khona inkosi ebusa ngokulunga, izikhulu zibuse ngokwahlulela.

[2] Umuntu uyakuba yindawo yokucashela umoya nesivikelo esivunguvungwini njengemifula yamanzi endaweni eyomileyo, njengomthunzi wedwala ezweni eliyethileyo.

[3] Amehlo ababonayo awayikuphuphutheka; izindlebe zabezwayo ziyakulalela.

[4]Inhliziyo yephulukundlu iyakuqonda, ize ikwazi, nolimi lwezingingingi luyakushesha lukhulume kahle.

[5]Isiwula asisayikubizwa ngokuthi sihloniphekile, nomkhohlisi akasayikuthiwa inkosi.

[6]Ngokuba isiwula siyakukhuluma ubuwula, nenhliziyo yaso iyakusebenza ububi, yenze ukungamesabi uNkulunkulu, ikhulume okuphambene noNkulunkulu, yenze ukuba olambileyo abe nephango, nowomileyo ukuba aswele uphuzo lwakhe.

[7]Izikhali zomkhohlisi zimbi; uhlela amacebo amabi, ukuze achithe izihlupheki ngamazwi amanga, nalapho ompofu ekhuluma ngokufaneleyo.

[8]Onesizotha uceba okuzothileyo, nangokuzotha kwakhe uyakuma.

[9]Vukani nina besifazane abazinzileyo, nizwe izwi lami; nina madodakazi azethembayo nibeke indlebe ekukhulumeni kwami.

[10]Ezinsukwini ezidlula umnyaka niyakuhlushwa nina besifazane abazethembayo, ngokuba ukuvuna kwemivini kuyakuphela, nokubutha akuyikufika.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Qhaqhazelani nina besifazane abazinzileyo, nihlupheke nina enizethembayo; khumulani nizenze nqunu, nibhince indwangu yamasaka ezinkalweni zenu.

12Zishayeni esifubeni ngenxa yamasimu amahle nemivini ethelayo.

13Emhlabathini wabantu bami kuyakumila amakhakhasi nameva, yebo, kuzo zonke izindlu zokujabula emzini ojabulayo,

14 ngokuba izindlu zamakhosi zilahliwe, nomuzi onabantu abaningi ushiyiwe; igquma nombhoshongo kuyakuba yimihume kuze kube phakade, nenjabulo yezimbongolo zasendle, nedlelo lemihlambi,

15 uMoya aze athululwe phezu kwethu evela phezulu, nehlane liphenduke insimu, nensimu ithiwe ihlathi.

16Ukwahlulela kuyakwakha ehlane, ukulunga kuhlale ensimini.

17Umsebenzi wokulunga uyakuba ngukuthula, impumelelo yokulunga ibe ngukulondeka kuze kube phakade.

18 Abantu bami bayakuhlala ematendeni okuthula, nasezindlini ezilondekayo, nasezindaweni zokuphumula ezinokuthula.

19Liyakuwisa isichotho, lize liwe ihlathi, nomuzi uyakuthotshiswa nokuthotshiswa.

20Nibusisiwe nina enitshala ngasemanzini onke; nikhulula izinyawo zezinkabi nezezimbongolo.

## U-Isaya 33

### Ukukhululwa kweSiyoni

1 Wo kuwena ochithayo, kungachithwanga wena, nakuwe okhohlisayo, kungakhohliswanga wena! Lapho uqede ukuchitha uyakuchithwa, nalapho usugcine ukukhohlisa, uyakukhohliswa nawe.

2 Jehova, yiba nomusa kithi, sihlalela wena. Yiba yingalo yethu ekuseni njalo, nokusindiswa kwethu ngesikhathi sokuhlupheka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[3]Ngezwi lokuhlokoma abantu bayabaleka; ngokuphakama kwakho izizwe ziyahlakazeka.

[4]Impango iyakubuthwa njengokubutha kwecimbi, nanjengokuhlasela kwezinkumbi iyakuhlaselwa.

[5] UJehova uphakeme, ngokuba uhlala phezulu; uligcwalisile iSiyoni ngokwahlulela nangokulunga.

[6]Kuyakuba khona ukuqiniseka ngesikhathi sakho, ubuningi bokusindiswa nokuhlakanipha nokwazi; ukumesaba uJehova kuyingcebo yakhe.

[7]Bheka, amaqhawe abo akhala ngaphandle; izithunywa zokuthula zikhala ngomunyu.

[8] Imigwaqo iyize, izihambi seziphelile; isivumelwano saphuliwe; imizi ideleliwe; umuntu akanakekelewa.

[9] Izwe liyalila, lidangele; iLebanoni linamahloni, liyabuna; iSharoni linjengehlane, iBashani neKarmeli kuyavuthulukisa.

[10] Sengiyakuvuka, usho uJehova; sengiyakuphakama; sengiyakuphakanyiswa.

[11] Niyakukhulelwa yizikhotha ezomileyo, nizale amabibi; ukuphefumula kwenu kungumlilo oniqothulayo.

[12]Abantu bayakushiswa njengokushiswa komcako, njengameva anqunyiweyo ashiswa ngomlilo.

[13]Yizwani nina enikude engikwenzileyo; nani eniseduze, vumani amandla ami.

[14] Izoni zaseSiyoni ziyesaba, ukuthuthumela kubambile abangenaNkulunkulu. Ngubani phakathi kwethu ongahlala nomlilo oqothulayo; ngubani phakathi kwethu ongahlala nokunkewuzela okuphakade na?

[15] Yena ohamba ngokulunga, okhuluma ngobuqotho, odelela inzuzo yokucindezela, othintitha izandla zakhe ukuze angamukeli imivuzo, ovala izindlebe zakhe ukuze angezwa ngegazi, ocimeza amehlo akhe ukuze angaboni okubi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

16yena uyakuhlala ekuphakameni, izinqaba zamadwala zibe yisivikelo sakhe,
aphiwe isinkwa sakhe, amanzi akhe athembeke.

17Amehlo akho ayakuyibona inkosi ebuhleni bayo, ayakubona izwe
elelulekele kude.

18Inhliziyo yakho iyakucabanga ngovalo, ithi: Uphi umbhali, uphi olinganisile
intela, uphi obalile imibhoshongo na?

19Awuyikubona abantu abanobudlova, abantu abanokukhuluma okujulileyo
ongenakukuzwa, nabalulimi lwabo olukwitizayo kungekho ongaluqonda.

20 Kepha bheka iSiyoni, umuzi wemikhosi yethu; amehlo akho mawabuke
iJerusalema, indlu yokuthula, itende elingayikususwa, elizikhonkwane zalo
aziyikusishulwa nanini, nelizintambo zalo aziyikugqashulwa neyodwa.

21Kunalokho uJehova uyakuba nathi khona ebukhosini esikhundleni semifula
nemifudlana ebanzi, lapho kungayikuhamba khona izikebhe ezinamaphini,
nomkhumbi omkhulu ungadluli kuyo.

22Ngokuba uJehova ungumahluleli wethu, uJehova ungumenzi wemithetho
yethu, uJehova uyinkosi yethu; uyakusisindisa.

23Izintambo zakho ziyaxega, azinakusiqinisa isiqu sensika yabo,
azinakumeneka useyili; khona iyakwabelwa impango enkulu ephangiweyo;
nezinyonga ziyakuthatha impango.

24 Abakhe khona abayikusho ukuthi: Ngiyagula, abantu abahlala khona
bayakuthethelelwa ububi babo.

## U-Isaya 34

### Ukwahlulelwa kuka-Edomi

1 Sondelani nina zizwe, nizwe, nilalele nina bantu: makuzwe umhlaba
nokugcwala kwawo, nezwe nakho konke okuvela kulo.

2Ngokuba uJehova uthukuthelela izizwe zonke, ufuthekela yonke impi yazo;
uziqalekisile, uzinikele ekubulaweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Ababuleweyo bazo balahliwe, nokunuka kuyenyuka ezidunjini zabo; izintaba zincibilika ngegazi labo.

4 Ibandla lonke lasezulwini liyaphela, izulu lisongwe njengomqulu; ibandla lonke liyawa njengokuwa kweqabunga emvinini nanjengokubunileyo emkhiwaneni.

5Ngokuba inkemba yami izanelisile ngegazi ezulwini; bheka, iyakwehlela phezu kuka-Edomi naphezu kwabantu besiqalekiso sami ukuba ibahlulele.

6 UJehova unenkemba; igcwele igazi, inonile ngamanoni nangegazi lamawundlu nelezimbuzi, nangamanoni ezinso zezinqama, ngokuba uJehova uyanikela eBosira, unokuhlaba okukhulu ezweni lakwa-Edomi.

7Izinyathi ziwa kanye nazo, nezinkunzana kanye nezinkunzi; izwe labo liyakugcwala igazi, nothuli lwabo luyakunona ngamanoni.

8 Ngokuba kulusuku lokuphindisela kukaJehova; ngumnyaka wokubuyisela ngendaba yaseSiyoni.

9Imifudlana yakhona iyakuphenduka ikolitayi, uthuli lwakhona lube yisibabule, nezwe langakhona libe yikolitayi elivuthayo.

10 Aliyikucinywa ubusuku nemini; umusi walo uyakukhuphuka kuze kube phakade; izizukulwane ngezizukulwane liyakuba yize, akuyikulidabula muntu nanini nanini.

11 Liyakuba yifa levuba nelikanondwebu, kwakhe kulo isikhova negwababa; uyakwelula phezu kwalo intambo yencithakalo, nomthofu wokumisa wokuyize.

12Phakathi kwabakhulu balo akakho oyakumemezela umbuso, nazo zonke izikhulu zalo ziyakuba yinto engelutho.

13 Ameva ayakukhuphukela ezindlini zamakhosi, izimbabazane namakhakhasi ezinqabeni zalo, libe yikhaya lamakhanka negceke lezintshe.

14 Izilwane zasehlane ziyakuhlangana nezimpungushe, nedemoni liyakukhala kumngane walo, kwakhe khona umkhovu, uzitholele indawo yokuphumula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[15]Lapho umantshingeyana uyakwakha ikhaya lakhe, azalele, achamisele, afukame ngomthunzi wakhe, kubuthane khona nawonhloyile, kube yilowo nalowo nomngane wakhe.

[16]Funani encwadini kaJehova, nifunde; ayiyikusilala nento eyodwa kulokhu, ayikho eyakuswela umngane wayo, ngokuba ngumlomo wakhe okuyalezile, nomoya wakhe okuhlanganisile.

[17]Nguye okwenzele inkatho; yisandla sakhe esikwabele ngentambo; kuyakudla ifa lalo kuze kube phakade, izizukulwane ngezizukulwane kuyakuhlala kulo.

## U-Isaya 35

### Intokozo yabakhululiweyo beNkosi

[1] Kuyakujabula ihlane nogwadule, kuthokoze uqwathule, lukhahlele njengentebe.

[2]Luyakukhahlela kahle, luthokoze, yebo, luthokoze, luhube; luyakuphiwa udumo lweLebanoni, nobukhosi beKarmeli nobeSharoni, lubone inkazimulo kaJehova, nobukhosi bukaNkulunkulu wethu.

[3] Qinisani izandla ezibuthakathaka, nimise amadolo axegayo.

[4] Yishoni kwabanenhliziyo eyesabayo ukuthi: Qinani, ningesabi; bhekani, uNkulunkulu wenu uyeza ngokuphindisela, impindiselo ivela kuNkulunkulu; nguye oza ukunisindisa.

[5] Khona amehlo ezimpumputhe ayakuvulwa, zivuleke nezindlebe zezithulu.

[6]Khona unyonga luyakutshekula njengendluzele, nolimi lwesimungulu luyakuhuba, ngokuba ehlane kuyakubhoboka amanzi, nemifudlana kwahlongasibi.

[7] Isihlabathi esibengezelayo siyakuba yichibi, isigagadu sibe yimithombo yamanzi; ekhaya lamakhanka lapho ayebuthisa khona kuyakuba khona igceke lomhlanga nekhwani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[8] Kuyakuba khona umendo nendlela eyakuthiwa iNdlela Yobungcwele; ongcolileyo akayikuhamba ngayo, kepha iyakuba ngeyabantu bakhe; abahamba ngayo, noma beyiziwula, abayikuduka kuyo.

[9] Akuyikuba khona lapho ingonyama, nesilwane esihahayo asiyikukhuphukela khona; lokho akuyikufunyanwa khona, kepha abakhululiweyo bayakuhamba ngayo.

[10] Abahlengiweyo bakaJehova bayakubuya baye eSiyoni ngokwethaba, intokozo engunaphakade ibe phezu kwamakhanda abo; bayakuthola ukujabula nokuthokoza, kubaleke usizi nokububula.

## U-Isaya 36

### Ukuhlaselwa kwelakwaJuda nguSaneheribi

[1] Kwathi ngomnyaka weshumi nane wenkosi uHezekiya, uSaneheribi, inkosi yase-Asiriya, wenyuka wahlasela yonke imizi ebiyelweyo yakwaJuda, wayithatha.

[2] Inkosi yase-Asiriya yathuma uRabi Shake, asuke eLakishi, aye eJerusalema enkosini uHezekiya, enempi enkulu, wema ngasemseleni wechibi lasenhla, elingasendleleni yeNsimu Yomhlanzi.

[3]Kwase kuphumela kuye u-Eliyakimi indodana kaHilikiya owayephezu kwendlu, noShebina umbhali, noJowa indodana ka-Asafa, umabhalana.

[4]Wathi kubo uRabi Shake: Ake nisho kuHezekiya, nithi: Isho kanje inkosi enkulu, inkosi yase-Asiriya, ithi: Yithemba lini leli olethembayo na?

[5]Wena uyakhuluma, kepha kungamazwi angawomlomo nje lana ngesu nangamandla okulwa. Pho, wethemba bani, lokhu ungihlubukile na?

[6]Bheka, wethemba udondolo lwalo mhlanga ofecekileyo oyiGibithe; kepha uma umuntu ezimelela ngalo, luyangena esandleni sakhe, lusihlabe; unjalo uFaro inkosi yaseGibithe kubo bonke abamethembayo.

[7]Kepha uma nithi kimi: Siyamethemba uJehova uNkulunkulu wethu, akusiye yini ozindawo zakhe eziphakemeyo nama-altare akhe akususile uHezekiya, wathi kuJuda nakulo iJerusalema: Niyakukhuleka phambi kwaleli altare, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[8] Ngalokho ake uvumelane nenkosi yami, inkosi yase-Asiriya, ngiyakukunika amahhashi ayizinkulungwane ezimbili, uma ungabeka izinkweli kuzo.

[9]Pho, ungaphindisela emuva kanjani nenduna eyodwa ezincekwini ezincane zenkosi yami na? Nokho wethemba iGibithe ukuthola khona izinqola nabamahhashi.

[10]Manje ngenyukele yini ngaphandle kukaJehova kuleli zwe ukuba ngilichithe, na? UJehova wathi kimi: Yenyukela kulelo zwe, ulichithe.

[11]Base bethi o-Eliyakimi noShebina noJowa kuRabi Shake: Ake ukhulume ezincekwini zakho ngesi-Aramu, ngokuba siyaluzwa, ungakhulumi kithi ngolimi lwabaJuda ezindlebeni zabantu abasogangeni.

[12]Kepha uRabi Shake wathi: Inkosi yami ingithumile yini enkosini yakho nakuwena ukukhuluma lawamazwi na? Hhayi kulaba bantu yini abahlezi ogangeni ukuba badle amasimba abo, baphuze umshobingo wabo kanye nani, na?

[13]Wayesema uRabi Shake, wamemeza ngezwi elikhulu ngolimi lwabaJuda, wathi: Zwanini amazwi enkosi enkulu, inkosi yase-Asiriya.

[14]Isho kanje inkosi, ithi: Maningakhohliswa nguHezekiya, ngokuba akayikuba namandla okunophula;

[15] futhi uHezekiya makanganenzi nethembe uJehova ngokuthi: UJehova uyakusophula nokusophula, nalo muzi awuyikunikelwa esandleni senkosi yase-Asiriya.

[16] Ningamlaleli uHezekiya, ngokuba inkosi yase-Asiriya isho kanje, ithi: Yenzani ukuthula nami, niphumele kimi, nidle, kube yilowo nalowo emvinini wakhe, kube yilowo nalowo emkhiwaneni wakhe, niphuze, kube yilowo nalowo amanzi omthombo wakhe,

[17]ngize ngifike, nginiyise ezweni elinjengezwe lakini, izwe lamabele nelewayini, izwe lesinkwa nelezivini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Xwayani ukuba uHezekiya anganiyengi ngokuthi: UJehova uyakusophula. Abanye onkulunkulu bezizwe bake bophula nokophula yini izwe lakubo esandleni senkosi yase-Asiriya na?

19Baphi onkulunkulu baseHamati nase-Aripadi; baphi onkulunkulu baseSefarivayimi na? Balophulile iSamariya esandleni sami na?

20Ngobani phakathi kwabo bonke onkulunkulu balawa mazwe abophule izwe lakubo esandleni sami ukuba uJehova alophule iJerusalema esandleni sami na?

21Kepha bathula, abamphendulanga ngazwi, ngokuba umyalo wenkosi wathi: Ningamphenduli.

22Base befika u-Eliyakimi indodana kaHilikiya owayephezu kwendlu, noShebina umbhali, noJowa indodana ka-Asafa, umabhalana, kuHezekiya, izingubo zabo ziklebhukile, bamlandisa amazwi kaRabi Shake.

## U-Isaya 37

### Isiprofetho sika-Isaya ngabase-Asiriya

1 Kwathi inkosi uHezekiya ikuzwile lokho, yaklebhula izingubo zayo, yazembesa indwangu yamasaka, yangena endlini kaJehova.

2Yathuma u-Eliyakimi owayephezu kwendlu, noShebina umbhali, namalunga abapristi, bembeswe izindwangu zamasaka, ku-Isaya umprofethi, indodana ka-Amose.

3 Bathi kuye: Usho kanje uHezekiya, uthi: Lolu suku lungusuku losizi nolokusolwa nolokudelelwa, ngokuba abantwana sebefikile ekuzalweni, kepha amandla okubeletha awakho.

4Mhlawumbe uJehova uNkulunkulu wakho uyakuzwa amazwi kaRabi Shake othunywe yinkosi yase-Asiriya, inkosi yakhe, ukweyisa uNkulunkulu ophilayo, asole amazwi uJehova uNkulunkulu wakho awezwileyo; ngalokho phakamisela insali esafunyanwayo umkhuleko wakho.

5Izinceku zenkosi uHezekiya sezifikile ku-Isaya,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6u-Isaya wathi kuzo: Niyakusho kanje enkosini yenu, nithi: Usho kanje uJehova, uthi: Ungesabi lawo mazwi owezwileyo, izinceku zenkosi yase-Asiriya ezingithuke ngawo.

7Bhekani, ngiyakubeka umoya kuyo, izwe amahemuhemu, ibuyele ezweni lakubo, ngiyiwise ngenkemba ezweni lakubo.

8Wayesebuya uRabi Shake, wafumana inkosi yase-Asiriya ilwa neLibina, ngokuba wayezwile ukuthi isukile eLakishi.

9Kepha isizwile ngoTirahaka, inkosi yaseKushe, ukuthi: Uphumile ukulwa nawe, lapho ikuzwa lokho, yathuma izithunywa kuHezekiya, yathi:

10 Niyakukhuluma kanje kuHezekiya, inkosi yakwaJuda, nithi: UNkulunkulu wakho omethembayo makangakukhohlisi ngokuthi iJerusalema aliyikunikelwa esandleni senkosi yase-Asiriya.

11Bheka, wena uzwile okwenziwa ngamakhosi ase-Asiriya kuwo onke amazwe ngokuwachitha; pho, wena uyakophulwa na?

12Onkulunkulu balezo zizwe ezachithwa ngobaba, iGozani, neHarana, neResefi, nabantwana base-Edene ababeseThelasari bazophula na?

13Iphi inkosi yaseHamati, nenkosi yase-Aripadi, nenkosi yomuzi waseSefarivayimi, naseHena, nase-Iva na?

14UHezekiya wayamukela incwadi esandleni sezithunywa, wayifunda; uHezekiya wayesenyukela endlini kaJehova, wayeneka phambi kukaJehova.

15UHezekiya wakhuleka phambi kukaJehova, wathi:

16 Jehova Sebawoti, Nkulunkulu ka-Israyeli, ohlezi phezu kwamakherubi, wena unguNkulunkulu, wena wedwa, wemibuso yonke yomhlaba, wena wenzile izulu nomhlaba.

17Beka indlebe yakho, Jehova, uzwe; vula amehlo akho, Jehova, ubone, uzwe onke amazwi kaSaneheribi athume ukweyisa ngawo uNkulunkulu ophilayo.

18 Yiqiniso, Jehova; amakhosi ase-Asiriya achithile izizwe zonke namazwe azo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 alahlile onkulunkulu bawo emlilweni, ngokuba babengesibo onkulunkulu, babe ngumsebenzi wezandla zomuntu kuphela, umuthi namatshe; ngalokho abachithile.

20Manje, Jehova Nkulunkulu wethu, sisindise esandleni sakhe ukuba yonke imibuso yomhlaba yazi ukuthi wena unguJehova, wena wedwa.

21U-Isaya indodana ka-Amose wathumela kuHezekiya, wathi: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Njengalokhu ukhuleke kimi ngoSaneheribi inkosi yase-Asiriya,

22nanti izwi uJehova alikhulume ngaye ukuthi: Ikudelele, yakuhleka usulu intombi, indodakazi yaseSiyoni; ikunikinele ikhanda indodakazi yaseJerusalema.

23Weyise bani, wethuka bani, na? Uphakamisele bani izwi lakho, wabhekisa phezulu amehlo akho, na? NgoNgcwele ka-Israyeli!

24Ngesandla sezinceku zakho uyijivazile iNkosi, wathi: Ngobuningi bezinqola zami ngenyuke mina phezulu ezintabeni ngaphakathi kweLebanoni; ngigawula imisedari yalo emide nemisayipuresi yalo ekhethekileyo ngangena ekuphakameni kwalo kokugcina nasehlathini lalo eliminyeneyo.

25Ngemba, ngaphuza amanzi; ngomisa ngamathe onyawo lwami yonke imifula yaseGibithe.

26 Awuzwanga ukuthi kade ngakwenza na? Emihleni yasendulo ngakunquma; manje sengikulethile ukuba uchithe imizi ebiyelweyo ibe yizinqwaba.

27 Abakhe kuyo babe namandla amancane, besaba, bajabha; baba njengotshani basendle, nembali notshani obuluhlaza, nokuluhlaza ezimpahleni zezindlu, namabele ahamukile engakakhuli.

28 Kepha ukuhlala kwakho, nokuphuma kwakho, nokungena kwakho ngiyakwazi, nokubhovumula kwakho ngami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29 Ngenxa yokubhovumula kwakho ngami, nangokuba ukuzidla kwakho kwenyukele ezindlebeni zami, ngiyakufaka ingwegwe yami emakhaleni akho netomu lami emlonyeni wakho, ngikubuyise ngendlela oweza ngayo.

30 Lokhu kuyakuba yisibonakaliso kuwe: Niyakudla ngalo mnyaka okuzikhulelayo, nangomnyaka wesibili isihlabane, nangomnyaka wesithathu hlwanyelani, nivune, nitshale izivini, nidle izithelo zazo.

31 Abasindileyo bendlu yakwaJuda abaseleyo bayakubuye bagxile phansi, bathele izithelo phezulu.

32 Ngokuba kuyakuphuma eJerusalema insali nasentabeni yaseSiyoni abayakusinda; ukushisekela kukaJehova Sebawoti kuyakufeza lokho.

33 Ngalokho usho kanje uJehova ngenkosi yase-Asiriya, uthi: Ayiyikungena kulo muzi, ayiyikucibishela mcibisholo khona; ayiyikubhekisa kuwo isihlangu, ayiyikunqwabela iduli ngakuwo.

34 Indlela eyafika ngayo iyakubuya ngayo; ayiyikungena kulo muzi, usho uJehova.

35 Ngiyakuwuvikela lo muzi ukuba ngiwusindise ngenxa yami nangenxa yenceku yami uDavide.

36 Kwaphuma ingelosi kaJehova, yabulala ekamu labase-Asiriya abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nanhlanu; sekuvukwa ngakusasa, bheka, kwakuyizidumbu ezifileyo zodwa.

37 Wayesesuka uSaneheribi inkosi yase-Asiriya, wahamba, wabuya, wahlala eNineve.

38 Kwathi ekhuleka endlini kaNisiroki unkulunkulu wakhe, o-Adirameleki noSareseri amadodana akhe bambulala ngenkemba, babalekela ezweni lase-Ararati. U-Esari Hadoni indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

## U-Isaya 38

### Ukugula nokusinda kukaHezekiya

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

1 Ngalezo zinsuku uHezekiya wagula, wayephansi kokufa. Kwafika kuye u-Isaya umprofethi, indodana ka-Amose, wathi kuye: Usho kanje uJehova, uthi: Yalela indlu yakho, ngokuba uyakufa, awuyikusinda.

2UHezekiya wayesephendulela ubuso bakhe odongeni, wakhuleka kuJehova,

3wathi: Ngiyacela, Jehova: ake ukhumbule ukuthi ngihambile phambi kwakho ngeqiniso nangenhliziyo epheleleyo, ngenzile okuhle emehlweni akho. Wayesekhala uHezekiya ngokukhala okukhulu.

4Lafika ku-Isaya izwi likaJehova, lathi:

5 Hamba, uthi kuHezekiya: Usho kanje uJehova uNkulunkulu kaDavide uyihlo, uthi: Ngizwile umkhuleko wakho, ngibonile izinyembezi zakho; ngiyakwenezela ezinsukwini zakho iminyaka eyishumi nanhlanu.

6Ngiyakophula wena nalo muzi esandleni senkosi yase-Asiriya, ngiwuvikele lo muzi.

7 Lesi siyakuba yisibonakaliso kuwe esivela kuJehova sokuthi uJehova uyakukwenza lokho akukhulumileyo:

8bheka, isithunzi sezinyathelo ilanga elizehlile ezinyathelweni zelanga zika-Ahazi ngiyakusibuyisa izinyathelo eziyishumi. Ilanga labuya-ke izinyathelo eziyishumi ezinyathelweni elizehlileyo.

### Ihubo likaHezekiya

9Ihubo likaHezekiya inkosi yakwaJuda lapho wayekade egula, wasinda ekuguleni kwakhe:

10 Ngathi: Ngiphakathi nezinsuku zami ngiyakungena emasangweni endawo yabafileyo, ngaphuciwe inxenye yeminyaka yami.

11Ngathi: Angiyikumbona uJehova, uJehova ezweni lababaphilayo; angisayikubuka muntu nginabakhileyo bezwe.

12Idokodo lami lisishuliwe, lasuswa kimi njengetende lomalusi; ngisongile ukuphila kwami njengomaluki; uyanginquma esalukweni; kusukela emini kuze kube sebusuku uyangiqeda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Ngakhala kwaze kwaba sekuseni; njengengonyama uyaphula onke amathambo ami; kusukela emini kuze kube sebusuku uyangiqeda.

14 Ngatshiyozisa okwenkonjane, ngaliliselisa okwejuba; amehlo ami aphela ngokubheka phezulu; Nkosi, ngiyacindezelwa; yiba yisibambiso sami.

15Ngingakhuluma ngithini na? Ukhulumile kimi, ukwenzile yena. Ngiyakubinyabinyeka yonke iminyaka ngomunyu womphefumulo wami.

16Nkosi, abantu baphila ngalokho, nokuphila komoya wami kukulokho kuphelele; ngalokho mawungiphulukise, ungiphilise.

17 Bheka, kwakungokuhle kimi ukuthi nganginomunyu; wena wawuthanda umphefumulo wami, waze waphuma egodini lokubhujiswa, ngokuba uzilahlile nyovane zonke izono zami.

18 Ngokuba indawo yabafileyo ayikubongi, nokufa akukudumisi; abehlela egodini ababheki ukuthembeka kwakho.

19 Abaphilayo, abaphilayo bayakubonga njengami namuhla; uyise uyabazisa abantwana ukuthembeka kwakho.

20 UJehova uyakungisindisa; ngalokho siyakubetha ngezingubhu ezinezintambo zonke izinsuku zokuhamba kwethu endlini kaJehova.

21U-Isaya wathi: Mabathathe isigaxa samakhiwane, basibeke ethumbeni, uyakusinda.

22Kepha uHezekiya wathi: Yisibonakaliso sini sokuba ngiyakwenyukela endlini kaJehova na?

## U-Isaya 39

### Izithunywa ezivela kuMerodaki Baladani

1 Ngaleso sikhathi uMerodaki Baladani indodana kaBaladani inkosi yaseBabele wathuma abanezincwadi nesipho kuHezekiya, lapho ezwile ukuthi kade egula, kepha usesimamile.

2UHezekiya wathokoza ngabo, wababonisa indlu yengcebo yakhe, isiliva, negolide, namakha, namafutha amahle, nayo yonke indlu yezikhali zakhe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

nakho konke okwafunyanwa engcebeni yakhe; akubangakho nto endlini yakhe nasembusweni wakhe wonke uHezekiya angababonisanga yona.

3Wayesefika u-Isaya, umprofethi, enkosini uHezekiya, wathi kuye: Batheni labo bantu; beze kuwe bevelaphi na? Wathi uHezekiya: Bavela ezweni elikude, iBabele, beze kimi.

4Wayesethi: Baboneni endlini yakho na? UHezekiya wathi: Babone konke okusendlini yami; akukho nto phakathi kwengcebo yami engingababonisanga yona.

5U-Isaya wathi kuHezekiya: Yizwa izwi likaJehova Sebawoti.

6Bheka, izinsuku ziyeza, lapho konke okusendlini yakho nalokho oyihlo abakubekelele khona kuze kube namuhla kuyakuyiswa eBabele; akuyikusala lutho, usho uJehova.

7 Nasemadodaneni akho ayakuphuma kuwe, oyakuwazala, bayakuwathatha abe yizinceku endlini yobukhosi yenkosi yaseBabele.

8Wayesethi uHezekiya ku-Isaya: Lihle izwi likaJehova olikhulumileyo. Wathi futhi: Ngokuba kuyakuba khona ukuthula nokulondeka emihleni yami.

## U-Isaya 40

### Abantu bakaNkulunkulu bayaduduzwa

1 Duduzani, nibaduduze abantu bami, usho uNkulunkulu wenu.

2Qungani iJerusalema isibindi, nimemeze kulo ukuthi ukulwa kwalo sekuphelile nokuthi buhlanguliwe ububi balo, ngokuba lamukeliswe esandleni sikaJehova ngokuphindiweyo ngazo zonke izono zalo.

3 Izwi liyamemeza lithi: Lungisani ehlane indlela kaJehova, nihlelembe oqwathuleni umgwaqo kaNkulunkulu wethu.

4Zonke izigodi ziyakuphakanyiswa, zonke izintaba namagquma kuyakwehliswa; amagebhugebhu ayakuhlelenjwa, nemigoxigoxi iyakuba yithafa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Inkazimulo kaJehova iyakubonakaliswa, yonke inyama ikubone kanyekanye, ngokuba umlomo kaJehova ukhulumile.

6 Izwi liyakhuluma lithi: Memeza! Ngathi: Ngiyakumemezani na? Inyama yonke ingutshani, bonke ubuhle bayo bunjengembali yasendle.

7Utshani buyabuna, imbali iyavuthuluka, ngokuba umoya kaJehova uyaphephetha kukho. Impela abantu bangutshani.

8 Utshani buyabuna, imbali iyavuthuluka, kepha izwi likaNkulunkulu wethu limi kuze kube phakade.

9Khuphukela entabeni ende, wena, Siyoni, obika okujabulisayo, uphakamise ngamandla izwi lakho, wena Jerusalema obika okujabulisayo, uliphakamise ungesabi, usho emizini yakwaJuda ukuthi: Bhekani, nangu uNkulunkulu wenu.

10 Bhekani, iNkosi uJehova iyeza ngamandla; ingalo yayo iyakumbusela; bhekani, umvuzo wayo inawo, inkokhelo yayo iphambi kwayo.

11 Iyakwalusa umhlambi wayo njengomalusi, ibuthe amawundlu ngemikhono yayo, iwagone esifubeni sayo, ihole kahle izindlezane.

**Ngubani onjengoNkulunkulu na?**

12 Ngubani olinganise amanzi ngentende yesandla sakhe, walinganisa izulu ngeminwe eyeluliweyo, wahlanganisa uthuli esilinganisweni, walinganisa izintaba ngezikalo namagquma ngezisindo, na?

13Ngubani oqondisile uMoya kaJehova, wamfundisa engumluleki wakhe, na?

14Walulekana nobani waze wamqondisa, wamfundisa indlela yokwahlulela, wamnika ukwazi, wamazisa indlela yokuqonda, na?

15 Bheka, izizwe zinjengethonsi kwasesitsheni, zibalwa njengothuli lwesilinganiso; bheka, iziqhingi uyaziphakamisa njengothuli olucolekileyo.

16ILebanoni alanele ukubaswa, nezilwane zalo azanele ukuba zibe ngumnikelo wokushiswa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Zonke izizwe zinjengento engelutho phambi kwakhe, zibalwa njengokungelutho nokuyize kuye.

18Niyakumfanisa uNkulunkulu nobani, nimlinganise namuphi umfanekiso, na?

19 Yisithombe yini esibunjiwe yisisebenzi, sanamekwa ngegolide ngumkhandi, sancibilikiselwa amaketanga esiliva, na?

20Ompofu kunokuba anikele ngomnikelo onjalo uyakhetha umuthi ongaboliyo, azifunele isisebenzi esihlakaniphileyo ukuba simise isithombe esibaziweyo esingenakuzanyazanyiswa.

21Anazi yini? Anizwa yini? Anitshelwanga yini kwasekuqaleni, aniqondanga kwasekusekelweni komhlaba, na?

22 Nguye ohlezi esiyingelezini somhlaba -- abakhile kuwo banjengezintethe -- noweneka izulu njengendwangu, alelule njengetende ukuba kuhlalwe kulo,

23 nowenza izikhulu zibe yinto engelutho, nabahluleli ukuba babe yize.

24Yebo, banele ukutshalwa nje, yebo, banele ukuhlwanyelwa nje, yebo, isiqu sanele ukugxila emhlabathini, abesephephetha kubo, babune, isivunguvungu sibasuse njengamabibi.

25 Niyakungifanisa nobani ukuba ngifane naye? usho oNgcwele.

26 Phakamiselani amehlo enu phezulu, nibone. Ngubani odalile lezo zinto na? Nguye okhipha ibandla lazo ngezibalo, abize zonke ngamagama; ngobuningi bamandla akhe nangobukhulu bezikhwepha zakhe ayisilali neyodwa.

27Usholoni wena Jakobe, ukhulumelani wena Israyeli, ukuthi: Indlela yami isithekile kuJehova, ilungelo lami lidlulile kuNkulunkulu wami, na?

28Awazi yini? Awuzwanga na? UJehova unguNkulunkulu ongunaphakade; udalile imikhawulo yomhlaba; akapheli amandla, akakhathali, nokuqonda kwakhe akunakuphenywa.

29Nguye omupha oyethileyo amandla, nakongenamandla uyandisa izikhwepha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30Izinsizwa ziyaphela amandla, zikhathale, nabasha bawa nokuwa,

31 kepha abamethembayo uJehova bayathola amandla amasha,
bayakhuphuka ngamaphiko njengezinkozi, bagijime bengakhathali, bahambe
bengapheli amandla.

## U-Isaya 41

### UNkulunkulu wezizwe

1 Thulani phambi kwami nina ziqhingi, izizwe zithole amandla amasha.
Mazisondele, andukuba zikhulume, sisondelane ekwahluleleni.

2 Ngubani ovusile ukulunga kuphume empumalanga, akubize ukuba
kumlandele, anikele izizwe phambi kwakhe, amenze ukuba abuse amakhosi,
abenze babe njengothuli ngenkemba yakhe, nanjengamabibi
aphephezeliswayo ngomnsalo wakhe, na?

3Uyabaxosha, adlule kahle ngezindlela angazihambanga ngezinyawo.

4 Ngubani okusebenzileyo, wakwenza, na? Nguye owazibiza izizukulwane
kwasekuqaleni: mina Jehova engingowokuqala nenginguye nakwabokuphela.

5Iziqhingi ziyakubona, ziyesaba; imikhawulo yomhlaba iyathuthumela;
isondele, isifikile.

6Yilowo nalowo usiza umakhelwane wakhe; uthi komfowabo: Yiba nesibindi.

7Umbazi uqunga umkhandi isibindi, nololonga ngesando uqunga oshaya
isikhandelo isibindi, ethi ngokunamathelisa: Kuhle, ekubethela ngezipikili,
funa kunyakaziswe.

### Umkhululi ka-Israyeli

8 Kepha wena Israyeli, nceku yami, wena Jakobe engikukhethileyo, nzalo ka-
Abrahama othandiweyo wami,

9 wena engikuthathile emikhawulweni yomhlaba, ngakubiza emagumbini
awo, ngathi kuwe: Wena uyinceku yami, ngikukhethile, angikulahlanga;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 ungesabi, ngokuba mina nginawe; ungapheli amandla, ngokuba mina nginguNkulunkulu wakho; ngiyakuqinisa, futhi ngiyakusiza, yebo, ngiyakusekela ngesandla sokunene sokulunga kwami.

11 Bheka, bonke abafuthekela wena bayakuba namahloni, bajabhe; abamelene nawe bayakuba njengento engelutho, babhubhe.

12 Uyakubafuna, ungabafumani kodwa, labo bantu abaxabana nawe; abalwa nawe bayakuba njengento engelutho nanjengeze.

13 Ngokuba yimina Jehova uNkulunkulu wakho obamba isandla sakho sokunene, nothi kuwe: Ungesabi, mina ngiyakusiza.

14 Ungesabi wena mpethu, Jakobe, nani bantu bakwa-Israyeli; mina ngiyakukusiza, usho uJehova; uMhlengi wakho ungoNgcwele ka-Israyeli.

15 Bheka, ngiyakukwenza ukuba ube yisibhulo esisha esibukhali esinamazinyo; uyakubhula izintaba, uzicolisise, wenze amagquma abe njengamakhoba.

16Uyakuwahlakaza, umoya uwasuse, isivunguvungu siwachithe; wena uyakuthokoza ngoJehova, uzibonge ngoNgcwele ka-Israyeli.

17 Abampofu nabaswelayo bafuna amanzi, kepha awakho, nolimi lwabo luphele ukoma; mina Jehova ngiyakubaphendula, mina Nkulunkulu ka-Israyeli angiyikubashiya.

18 Ngiyakuvula imifula emadulini angenalutho nemithombo phakathi kwezigodi; ngiyakwenza ihlane libe yichibi lamanzi, nomhlabathi owomileyo ube yiziphethu zamanzi.

19 Ngiyakutshala umsedari ehlane, umtholo, nombomvana, nomnqumo, ngibeke kwahlongasibi umsayipuresi, nomthidari, nomkhoba kanyekanye,

20ukuze babone, bazi, baqaphele, baqonde kanyekanye ukuthi isandla sikaJehova sikwenzile lokhu nokuthi oNgcwele ka-Israyeli wakudala.

21 Lethani indaba yenu, usho uJehova, nisondeze izizathu zenu, isho iNkosi kaJakobe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Mabazisondeze, basitshele okuyakwenzeka; izinto zakuqala ziyini na? Mabasitshele zona ukuba sizibeke ezinhliziyweni zethu, sazi ukuphela kwazo, noma nisizwise okuzayo.

23Sitsheleni okuzayo ngesikhathi esizayo, sazi ukuthi ningonkulunkulu; yebo, yenzani okuhle noma okubi, simangale, sikubone kanyekanye.

24Bhekani, nivela kokungekho, nemisebenzi yenu ayiyinto yalutho; uyisinengiso onikhethileyo.

25 Ukhona engimvusile esenyakatho, wafika, nasempumalanga, ukuba abize igama lami; uyakwehlela phezu kwezikhulu njengaphezu kodaka, njengombumbi exova ibumba.

26Ngubani owakushoyo kwasekuqaleni ukuba sazi, nangaphambili ukuba sisho sithi: Uqinisile, na? Cha, akakho okumemezileyo, akakho nokuzwisileyo, akakho nozwayo amazwi enu.

27Ngingowokuqala othi kulo iSiyoni: Bheka, babheke, nginike iJerusalema umbiki wendaba ethokozisayo.

28Kepha lapho ngibheka, akukho muntu, akakho phakathi kwabo umluleki ongaphendula ngazwi, lapho ngibabuzayo.

29 Bheka, bayize bonke; imisebenzi yabo ayiyinto yalutho, nezithombe zabo ezibunjiweyo zingumoya nokuyize.

## U-Isaya 42

### Ukukhanya kwezizwe

1 Bheka inceku yami engiyisekelayo, okhethiweyo wami othokoza ngaye umphefumulo wami; nginikele umoya wami phezu kwakhe, uyakukhiphela izizwe ukwahlulela.

2Akayikukhala, adazuluke, angezwakalisi izwi lakhe ezitaladini.

3Umhlanga ofecekileyo akayikuwaphula, umongo othunqayo akayikuwucima; uyakukhipha ukwahlulela ngeqiniso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Akayikudangala, aphele amandla, aze amise ukwahlulela emhlabeni; neziqhingi ziyakuhlalela umthetho wakhe.

5 Usho kanje uNkulunkulu uJehova owadala izulu, waleneka, nowawendlala umhlaba nokuvela kuwo, nowanika abantu abakuwo ukuphefumula nomoya kwabahamba kuwo, uthi:

6 Mina Jehova ngikubizile ngokulunga, ngiyakubamba isandla sakho, ngikugcine, ngikubeke ube yisivumelwano sabantu nokukhanya kwabezizwe,

7 ukuze uvule amehlo ezimpumputhe, ukhiphe iziboshwa etilongweni nabahlezi ebumnyameni etilongweni.

8 NginguJehova; yilo igama lami; angiyikunika omunye inkazimulo yami, nezithombe ezibaziweyo udumo lwami.

9 Izinto zakuqala zifikile, sengimemezela izinto ezintsha; zingakaqhamuki, ngiyanizwisa zona.

### Ihubo elisha

10 Mhubeleni uJehova ihubo elisha, nodumo lwakhe, kusukela emikhawulweni yomhlaba, nina enehlela elwandle nakho konke okukulo, nina ziqhingi nabakhileyo kuzo.

11 Ihlane nemizi yalo makujabule nemizana abakhileyo kuyo abakwaKedari, bahube abakhile emadwaleni, benanele beseziqongweni zezintaba.

12 Mabanike uJehova udumo, bamemezele udumo lwakhe eziqhingini.

13 UJehova uyaphuma njengeqhawe; njengendoda yempi uyavusa ukushisekela kwakhe; uyakhala, yebo, uyabangalasa, enze ubuqhawe phezu kwezitha zakhe.

14 Sekuyisikhathi eside ngithulile, ngathula ngazibamba; sengiyakukhala njengobelethayo, ngiphefuzele, ngibitoze kanyekanye.

15 Ngiyakwenza ize izintaba namagquma, ngomise yonke imifino yawo, ngenze imifula ibe yiziqhingi, ngenze amachibi ukuba ashe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Ngiyakuhambisa izimpumputhe ngendlela ezingayaziyo; emikhondweni ezingayaziyo ngiyakuzihola; ngiyakwenza ubumnyama bube ngukukhanya phambi kwazo, namagebhugebhu ukuba ahlelenjwe; ngiyakwenza lezi zinto ngingazishiyi.

17 Bayakubuyiselwa emuva, bajabhe nokujabha labo abethemba ezithombeni ezibaziweyo, abasho ezithombeni ezibunjiweyo ukuthi: Ningonkulunkulu bethu.

18 Yizwani nina zithulu; bhekani nina zimpumputhe, ukuze nibone.

19 Ngubani oyimpumputhe ngaphandle kwenceku yami, nesithulu njengesithunywa sami engisithumayo, na? Ngubani oyimpumputhe njengopheleleyo, oyimpumputhe njengenceku kaJehova, na?

20 Ubona izinto eziningi, kepha awuqapheli; izindlebe zakhe zivulekile, kepha akezwa.

21 Kwaba kuhle kuJehova ngenxa yokulunga kwakhe ukuba akhulise umthetho, awudumise.

22 Kepha laba bangabantu abaphangiweyo nabamukiweyo; bonke bacushiwe emigodini, bafihliwe ematilongweni; bangabokuphangwa, akakho obophulayo, yebo, bayimpango, kungekho oshoyo ukuthi: Buyisa.

23 Ngubani phakathi kwenu obeka indlebe kulokhu, aqaphele, ezwele isikhathi esizayo, na?

24 Ngubani owanikela uJakobe ukuba aphangwe, no-Israyeli kubo abaphangi, na? Angithi nguJehova, esonile kuye, nabangavumanga ukuhamba ngezindlela zakhe, nabangawulalelanga umthetho wakhe?

25 Wayesethela phezu kwakhe ukufutheka kwentukuthelo yakhe, namandla empi; kwamvuthela nxazonke, kepha akakwazanga; kwamshisa, kepha akakubekanga enhliziyweni yakhe.

## U-Isaya 43

### Ukuhlengwa kuka-Israyeli

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Kepha manje usho kanje uJehova owakudalayo wena Jakobe,
nowakubumba wena Israyeli, uthi: Ungesabi ngokuba ngikuhlengile,
ngikubizile ngegama lakho; ungowami.

2 Lapho udabula emanzini, mina nginawe; nasemifuleni, ayiyikukukhukhula;
lapho uhamba emlilweni, awuyikusha, nelangabi aliyikukushisa.

3 Ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wakho, oNgcwele ka-Israyeli,
uMsindisi wakho; ngiyanika iGibithe libe yihlawulo lakho, iKushe neSheba
esikhundleni sakho.

4 Ngenxa yokuba ubuyigugu emehlweni ami, futhi ubudumile, uthandekile
kimi, ngiyakunika abantu esikhundleni sakho, nezizwe esikhundleni
sokuphila kwakho.

5 Ungesabi, ngokuba nginawe; ngiyakuyiletha inzalo yakho iphume
empumalanga, ngikubuthe nasentshonalanga.

6 Ngiyakusho kuyo inyakatho, ngithi: Balethe, nakuyo iningizimu:
Ungabagodli. Lethani amadodana ami akude, namadodakazi ami ukuba
aphume emikhawulweni yomhlaba,

7 onke abizwe ngegama lami, nengiwadalele inkazimulo yami,
engiwabumbile nengiwenzile.

8 Lethani abantu abayizimpumputhe abanamehlo nezithulu ezinezindlebe.

9 Izizwe zonke mazibuthelwe ndawonye, abantu bonke babuthane; ngubani
phakathi kwabo ongamemezela lokhu, asizwise izinto zakuqala; mabalethe
ofakazi babo ukuba balungisiswe, bezwe, bathi: Kuyiqiniso.

10 Ningofakazi bami, usho uJehova, nenceku yami engiyikhethileyo ukuba
nazi, ningethembe, niqonde ukuthi nginguye; ngaphambi kwami
akwenziwanga uNkulunkulu, nangasemva kwami akayikuba khona.

11 Mina, mina nginguJehova, ngaphandle kwami akakho umsindisi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

12Ngimemezele, ngisindisile, ngizwisile, kungakabikho unkulunkulu wabezizwe phakathi kwenu; yebo, ningofakazi bami, usho uJehova, mina nginguNkulunkulu.

13 Yebo, kwasendulo nginguye; akakho ongophula esandleni sami; lapho ngisebenza, ngubani ongakuvimbela na?

14Usho kanje uJehova, uMhlengi wenu, oNgcwele ka-Israyeli, uthi: Ngenxa yenu ngithumele eBabele, ngiyakwehlisa bonke njengababaleki, namaKaledi ngemikhumbi yokujabula kwawo.

15NginguJehova oNgcwele wenu, uMdali ka-Israyeli, iNkosi yenu.

16 Usho kanje uJehova owenza indlela elwandle, nomkhondo emanzini anamandla,

17okhipha izinqola namahhashi, impi namandla; kuyalala kanyekanye, akusenakuvuka; kucishile, kucinyiwe njengomongo.

18 Ningakhumbuli izinto zakuqala, ningazindli ngezindaba zasendulo.

19 Bhekani, ngiyakwenza okusha; kuyakuqhamuka manje, angithi niyakwazi na? Yebo, ngiyakwenza indlela ehlane nemifula kwahlongasibi.

20Izilwane zasendle ziyakungidumisa, amakhanka nezintshe, ngokuba ngiveza amanzi ehlane nemifula kwahlongasibi ukuphuzisa abantu bami abakhethiweyo,

21laba bantu engizenzele bona ukuba bashumayele udumo lwami.

22 Kepha awungibizanga, Jakobe, ngokuba wadinwa yimi, Israyeli.

23Awulethanga kimi izimvu zakho zomnikelo wokushiswa, awungidumisanga ngemihlatshelo yakho; angikukhonzisanga ngeminikelo, angikudinisanga ngenhlaka.

24Awungithengelanga umhlanga othaphukayo ngemali, awungisuthisanga ngamanoni emihlatshelo yakho, kepha ungisebenzisile ngezono zakho, ungidinisile ngobubi bakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25 Mina, mina nginguye owesula iziphambeko zakho ngenxa yami; angiyikukhumbula izono zakho.

26 Ngikhumbuze, masahlulelane; yisho wena ukuba ulungisiwe.

27 Uyihlo wokuqala wona, abahumushi bakho bangihlubukile.

28 Ngidumazile izikhulu zendlu engcwele, ngimenzile uJakobe abe yisiqalekiso, no-Israyeli abe yisithuko.

## U-Isaya 44

1 Kepha yizwa manje, Jakobe, nceku yami, wena Israyeli engikukhethileyo.

2 Usho kanje uJehova owakudalayo, wakubumba kwasesiwini, oyakukusiza, uthi: Ungesabi, Jakobe, nceku yami, wena Jeshuruni engikukhethileyo.

3 Ngokuba ngiyakuthela amanzi phezu kokomileyo, nezikhukhula phezu kokushileyo, ngithulule uMoya wami phezu kwenzalo yakho, nesibusiso sami phezu kwabantwana bakho;

4 bayakuhluma phakathi kotshani njengeminyezane ngasemifudlaneni yamanzi.

5 Omunye uyakuthi: NgingokaJehova; omunye uyakuzibiza ngegama likaJakobe, omunye azilobele uJehova esandleni sakhe, azidumise ngegama lika-Israyeli.

### UJehova yedwa unguNkulunkulu

6 Usho kanje uJehova, iNkosi ka-Israyeli, noMhlengi wakhe, uJehova Sebawoti, uthi: Ngingowokuqala, ngingowokugcina, ngaphandle kwami akakho uNkulunkulu.

7 Ngubani ongabiza njengami, akumemezele, akubeke phambi kwami, kusukela ekusekeleni kwami abantu basendulo, na? Yebo, okuzayo nokuyakwenzeka mabakumemezele.

8 Ningesabi, ningabi naluvalo; angithi ngikuzwisile kusukela endulo, ngakumemezela, na? Nina ningofakazi bami. Kukhona uNkulunkulu ngaphandle kwami na? Cha, alikho iDwala; angilazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

## Izithombe

9 Abenza isithombe esibaziweyo bayize bonke; izinto zabo ezithandekayo aziyikusiza; ofakazi babo ababoni, futhi abazi; bayakujabhiswa.

10 Ngubani owenzile uNkulunkulu, ngubani obumbile isithombe esibaziweyo esingesokusiza na?

11 Bheka, bonke abangane bakhe bayakujabha, nezisebenzi zingabantu nje. Mabahlangane bonke, beme; bayakwesaba, bajabhe kanyekanye.

12 Umkhandi wensimbi wenza imbazo, asebenze emalahleni, ayibumbe ngezando, ayisebenze ngamandla ezingalo zakhe; uyalamba, angabikho amandla; akaphuzi amanzi, uyadangala.

13 Umbazi uyelula intambo, adwebe umuthi ngokubomvu, awenze ngezibazo, adwebe ngekompasi, awenze ngomfanekiso womuntu, ngobuhle bomuntu, ukuba uhlale endlini.

14 Uyazigawulela imisedari, athathe imikhoba nama-oki, awaqinise phakathi kwemithi yehlathi; uyatshala umfire, imvula iwukhulise.

15 Bese kuba ngokomuntu ukuba abase ngakho; uthatha kuwo, othe; uyawuphemba, enze isinkwa; wenza unkulunkulu, akhuleke kuye, enze nesithombe esibaziweyo, akhothambele kuso.

16 Ushisa inxenye yawo emlilweni; phezu kwale nxenye uyadla inyama, ose izoso, asuthe; yebo, uyotha athi: Halala! Sengifudumele, ngibonile umlilo.

17 Ngokuseleyo kuwo uyakwenza unkulunkulu nesithombe; uyakhothamela kuso, akhuleke kuso, athandaze kuso, athi: Ngophule; ungunkulunkulu wami.

18 Abazi, abaqondi, ngokuba unamekile amehlo abo ukuze bangaboni, nezinhliziyo zabo ukuze bangaqondi.

19 Akakho okhumbulayo, nokwazi nokuqonda akukho kokuba kuthiwe: Ngishisile inxenye yawo ngomlilo, ngenzile isinkwa phezu kwamalahle awo, ngosile inyama, ngayidla; ngingenza okuseleyo kuwo kube yisinengiso, ngikhothamele umbhuku womuthi, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

20Udla umlotha; inhliziyo ekhohlisiweyo imdukisile; akanakophula umphefumulo wakhe nokuba athi: Akukho yini amanga kwesokunene sami na?

### Intokozo ngokuhlengwa kuka-Israyeli

21 Khumbula lezi zinto, Jakobe, wena Israyeli, ngokuba uyinceku yami; ngikubumbile, uyinceku yami; Israyeli, angiyikukhohlwa.

22 Ngesulile iziphambeko zakho njengefu, nezono zakho njengemilaza; buyela kimi, ngokuba ngikuhlengile.

23 Thokozani, mazulu, ngokuba uJehova ukwenzile, nijabule nina zindawo eziphansi zomhlaba, niqhumuke ngokuhlabelela nina zintaba, nawe hlathi nayo yonke imithi ekuwe, ngokuba uJehova umhlengile uJakobe, ngokuhlabelela wazidumisa ngo-Israyeli.

### UKoresi umalusi

24 Usho kanje uJehova uMhlengi wakho nowakubumba kwasesiswini, uthi: NginguJehova owenza konke, oweneka izulu yedwa, nowendlala umhlaba ngokwakhe,

25 oshafisa izibonakaliso zabaprofethi bamanga, enze ababhuli ukuba bahlanye, obuyisela emuva abahlakaniphileyo, enze ukwazi kwabo kube ngubuwula;

26ogcwalisa izwi lenceku yakhe, afeze ukululekana kwezithunywa zakhe, oshoyo ngalo iJerusalema, athi: Liyakuba nabantu, nangemizi yakwaJuda ukuthi: Iyakwakhiwa, ngibuye ngivuse incithakalo yakhona;

27 oshoyo kuwo umsinga ukuthi: Yisha, ngiyakomisa imifula yakho;

28 oshoyo ngoKoresi ukuthi: Ungumalusi wami, uyakufeza konke okwentando yami, athi ngeJerusalema: Liyakwakhiwa, nakulo ithempeli: Isisekelo sakho siyakubekwa.

## U-Isaya 45

1 Usho kanje uJehova kogcotshiweyo wakhe, kuKoresi, osandla sakhe sokunene ngisibambile ukuba ngahlule izizwe phambi kwakhe, ngithukulule

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

izinkalo zamakhosi, ngivule iminyango phambi kwakhe, amasango angabe esavalwa.

2Mina ngiyakuhamba phambi kwakho, ngihlelembe amagebhugebhu, ngaphule izivalo zethusi, nginqume imigoqo yensimbi.

3Ngiyakukunika ingcebo yobumnyama, nemfuyo ethukusiweyo ezindaweni ezisithekileyo, ukuba wazi ukuthi ngingu Jehova okubiza ngegama lakho, uNkulunkulu ka-Israyeli.

4Ngenxa yenceku yami uJakobe, u-Israyeli okhethiweyo wami, ngikubizile ngegama lakho, ngikunikile igama lodumo, ungakangazi.

5 Mina ngingu Jehova, akakho omunye; ngaphandle kwami akakho uNkulunkulu; ngiyakubhincisa ungakangazi,

6 ukuze bazi kusukela empumalanga nasentshonalanga ukuthi akakho ngaphandle kwami; mina ngingu Jehova, akakho omunye;

7 yimi engenza ukukhanya nengidala ubumnyama, ngenza ukuthula, ngidala okubi; ngingu Jehova owenza konke lokho.

8 Consani, mazulu, phezulu, amafu athuntulule ukulunga; umhlaba mawuvuleke, kuthelwe ukusindiswa, kumile nokulunga; mina Jehova ngikudalile.

9 Wo kuye olwa noMenzi, udengezi phakathi kwezindengezi zomhlaba! Ibumba liyakusho kolibumbayo ukuthi: Wenzani na? nomsebenzi wakho ukuthi: Akanazo izandla, na?

10Wo kuye osho kuyise ukuthi: Uzalani na? nakowesifazane ukuthi: Unemihelo ngani na?

11 Usho kanje uJehova, oNgcwele ka-Israyeli noMenzi wakhe, uthi: Ningibuza ngezinto ezizayo, ngabantwana bami, ningiyaleze ngomsebenzi wezandla zami, na?

12 Yimi engiwenzile umhlaba, ngadala abantu phezu kwawo; mina ngezandla zami ngeneka izulu, nebandla lalo lonke ngiliyalezile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

13 Mina ngimvusile lona ngokulunga; ngiyakuhlelemba zonke izindlela zakhe; yena uyakuwakha umuzi wami, avumele abathunjwa bami ukuba bahambe, kungabi ngenkokhelo nangesipho, usho uJehova Sebawoti.

**U-Israyeli ungufakazi kuzo izizwe zonke**

14 Usho kanje uJehova, uthi: Okukhandlekelweyo kwaseGibithe nokuzuziweyo kwaseKushe, nangamaSheba, abantu abade, kuyakungena kuwe, kube ngokwakho; bayakukulandela, bafike beboshwe ngamaketanga, bakhothamele kuwe, bakhuleke kuwe, bathi: UNkulunkulu ukuwe kuphela, akakho omunye, akakho ngaphandle kukaNkulunkulu.

15 Impela unguNkulunkulu ozifihlayo, wena Nkulunkulu, Msindisi.

16 Bayakujabha, babe namahloni bonke kanyekanye; bayakuhamba benamahloni bonke abenza izithombe.

17 Kepha u-Israyeli uyakusindiswa nguJehova ngokusindiswa okuphakade; aniyikujabha, aniyikuba namahloni kuze kube phakade.

18 Ngokuba usho kanje uJehova, owalidala izulu, onguNkulunkulu, owawubumba umhlaba, wawenza, wawumisa, engawudalelanga ize, wawubumba ukuba kuhlalwe kuwo, uthi: NginguJehova, akakho omunye.

19 Angikhulumanga ekusithekeni, endaweni emnyama emhlabeni; angishongo enzalweni kaJakobe ukuthi: Ngifuneni ngeze. Mina Jehova ngikhuluma ukulunga, ngimemezela okuqotho.

20 Buthanani nize, nisondelane ndawonye nina bakhululekileyo bezizwe; abawuthwala umuthi wezithombe zabo ezibaziweyo abanakwazi, bakhuleka kunkulunkulu ongenakusindisa.

21 Kumemezeleni, nikuveze; yebo, balulekane kanyekanye. Ngubani owakuzwisa lokhu endulo, wakumemezela kwasesikhathini samandulo na? akusimina Jehova na? Akakho uNkulunkulu ngaphandle kwami, uNkulunkulu olungileyo noMsindisi, akakho ngaphandle kwami.

22 Phendukelani kini, nisindiswe, nonke nina majukujuku omhlaba, ngokuba nginguNkulunkulu, akakho omunye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

[23] Ngizifungile mina, kuphumile izwi emlonyeni wami ngokulunga, aliyikubuya, lokuthi: Kimina ayakuguqa onke amadolo, nezilimi zonke ziyakufunga.

[24] Kuyakuthiwa: KuJehova kuphela nginokulunga namandla. Bayakufika kuye, bajabhe bonke abamvuthelayo.

[25]KuJehova yonke inzalo kaJakobe yakwa-Israyeli iyakulungisiswa, ibe nodumo.

## U-Isaya 46

### Izithombe azinakusindisa

[1] UBeli uyaguqa, uNebo uyakhothama; izithombe zabo zingezezilwane nezezinkomo; enibathweleyo bangumthwalo, banzima ezilwaneni eziyethileyo.

[2]Ziyakhothama, ziguqa kanyekanye, azinakuwukhulula umthwalo; nabo uqobo baya ekuthunjweni.

[3] Ngilalele wena ndlu kaJakobe, yonke insali yendlu yakwa-Israyeli engiyithwesiweyo kwasesiswini, yabekwa phezu kwami kwasesizalweni.

[4]Noze niguge, nginguye, yebo, noze nibe yizimpunga, ngiyakunithwala; ngikwenzile lokhu, futhi ngiyakunetshatha, yebo, ngiyakunithwala, nginikhulule.

[5] Niyakungifanisa, ningilinganise nobani, ningiqathanise nobani ukuba sifanane na?

[6] Abathulula igolide esikhwameni yini, balinganise isiliva esilinganisweni, baqashe umkhandi wesiliva ukuba enze unkulunkulu, bese bekhothama, bakhuleke, na?

[7]Bamthwala ehlombe, bametshathe, bambeke endaweni yakhe ukuba eme khona, angabe esasuka endaweni yakhe; kepha uma umuntu ekhala kuye, akayikumphendula, angamsindisi osizini lwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

8 Khumbulani lokhu, nime niqinile, nibuye nicabange ezinhliziyweni zenu nina benzi bokubi.

9 Khumbulani izinto zakuqala zamandulo, ngokuba ngingu Nkulunkulu, akakho omunye, yebo, nginguNkulunkulu, akakho onjengami,

10 engimemezela ngaphambili okuyakuza, nasendulo izinto ezingakenziwa, ngokuthi: Icebo lami liyakuma, ngiyakwenza yonke intando yami,

11 mina engibiza inqe empumalanga nomuntu wecebo lami ezweni elikude; yebo, ngikhulumile, ngiyakukufikisa; nginqumile, ngiyakukwenza.

12 Ngilaleleni nina enilukhuni ngenhliziyo, enikude nokulunga.

13 Ngiyakusondeza ukulunga kwami, akukude, insindiso yami ayiyikulibala; ngibeka insindiso eSiyoni nodumo lwami kwa-Israyeli.

## U-Isaya 47

### Ukuwa kweBabele

1 Yehla, uhlale othulini wena ntombi, ndodakazi yaseBabele, uhlale emhlabathini, kungekho sihlalo sobukhosi, wena ndodakazi yamaKaledi, ngokuba awusayikubizwa ngokuthi uthambile nokuthi uyatetema.

2 Thatha amatshe okugaya, ugaye impuphu, uyisuse imvakazi yakho, uwukhumule umhushuzo wakho, wambule umlenze, uwele imifula.

3 Ubuze bakho buyakwambulwa, yebo, ubunqunu bakho buyakubonakala; ngiyakuphindisa, ngingayeki muntu.

4 Igama loMhlengi wethu linguJehova Sebawoti, oNgcwele ka-Israyeli.

5 Hlala uzithulele, ungene ebumnyameni, wena ndodakazi yamaKaledi, ngokuba awusayikubizwa ngokuthi iNkosikazi Yemibuso.

6 Ngabathukuthelela abantu bami, ngalingcolisa ifa lami, ngalinikela esandleni sakho; awubahawukelanga, walenza ijoka lakho ukuba lisinde kakhulu phezu kwabadala.

7 Wathi wena: Ngiyakuba yinkosikazi njalonjalo. Ngalokho awubekanga lezi zinto enhliziyweni yakho, awukhumbulanga ukugcina kwazo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

8 Manje yizwa lokhu wena ozijabulisayo, ohlala ulondekile, othi enhliziweni yakho: Yimi, akakho omunye; angiyikuhlalisa okomfelokazi, nokufelwa abantwana angiyikukwazi.

9 Kodwa lokhu kokubili kuyakufika kuwe ngokuphazima kweso ngalusuku lunye, ukufelwa, kwabantwana nobufelokazi kufike phezu kwakho ngokugcweleyo phakathi kobuningi bamalumbo akho, nobuningi beziphonso zakho.

10Wethembile ebubini bakho, wathi: Akakho ongibonayo. Ukuhlakanipha kwakho nokwazi kwakho kukudukisile; wathi enhliziyweni yakho: Yimi, akakho omunye.

11Kepha ububi buyakukwehlela, awuyikwazi lapho buvela khona; nengozi iyakuwela phezu kwakho, awuyikuba namandla okuyichezukisa, incithakalo ifike phezu kwakho ngokuzumayo, ungazi.

12 Yima manje neziphonso zakho nobuningi bamalumbo akho okhandlekile kukho kwasebusheni bakho; mhlawumbe uyakusizakala, mhlawumbe uyakubanga uvalo.

13Ukhathele ngobuningi bamacebo akho; mabasukume, bakusindise abadabula izulu, nababheka izinkanyezi, nabazisa ngezinyanga ezintsha ukuthi kuphi lapho kuzakuvela khona lokhu okuzakukwehlela.

14Bheka, bayakuba njengamabibi ashiswa ngumlilo, abayikuzophula emandleni elangabi; akusilo ilahle lokotha, akusiwo umlilo wokuba kuhlalwe phambi kwawo.

15Ziyakuba njalo kuwe izinto okhandleke kuzo, zihambisene nawe kwasebusheni bakho; seziyakuzulazula, kube yileyo naleyo ngendlela yayo, ekusindisayo ingabikho.

## U-Isaya 48

### Iqiniso nobumnene bukaNkulunkulu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Yizwa lokhu wena ndlu kaJakobe obiziwe ngegama lika-Israyeli, waphuma emanzini akwaJuda, ofunga igama likaJehova, odumisa uNkulunkulu ka-Israyeli, kungengaqiniso nakulunga kodwa.

2 Ngokuba bazibiza ngomuzi ongcwele, bencika kuNkulunkulu ka-Israyeli, nguJehova Sebawoti igama lakhe.

3 Ngimemezele izinto zakuqala zamandulo, zaphuma emlonyeni wami, ngazizwakalisa; ngazenza ngokuzumayo, zenzeka.

4 Ngokuba bengazi ukuthi unenkani, nentamo yakho ingumsipha wensimbi, nebunzi lakho liyithusi,

5 ngazimemezela kwasendulo, ngazizwisa kungakenzeki, funa usho uthi: Isithombe sami sizenzile, isithombe sami esibaziweyo, nesithombe sami esibunjiweyo siziyalezile.

6 Wawukuzwile konke lokho; wakubona; awuyikukumemezela na? Ngikuzwisile okusha kusukela namuhla, yebo, nokusithekileyo ongakwazanga.

7 Kudaliwe manje, kungesendulo; awukuzwanga ngaphambi kwalolu suku, funa uthi: Bheka, bengikwazi.

8 Yebo, awuzwanga, awazanga, kwasendulo indlebe yakho ayivulwanga, ngokuba bengazi ukuthi wawukhohlisa nokukhohlisa, wabizwa ngokuthi umhlubuki kwasekuzalweni.

9 Ngenxa yegama lami ngiyakulibazisa intukuthelo yami, ngizibambele wena ngodumo lwami ukuba ngingakunqumi.

10 Bheka, ngikucwengisisile, kungavelanga isiliva kodwa; ngikuvivinyile esithandweni sezinhlupheko.

11 Ngenxa yami, ngenxa yami ngiyakwenza, ngokuba igama lami lingcoliselwani na? Anginiki omunye inkazimulo yami.

12 Ngilalele, Jakobe, wena Israyeli, obiziweyo wami; ngisenguye, ngingowokuqala, futhi ngingowokugcina.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

13 Yebo, isandla sami sisibekile isisekelo somhlaba, nesokunene sami silenekile izulu; lapho ngikubizayo, kuma ndawonye.

14 Buthanani nina nonke, nizwe; ngubani phakathi kwabo omemezela lezi zinto na? Amthandayo uJehova uyakuyifeza intando yakhe ngeBabele, nengalo yakhe iyakuba phezu kwamaKaledi.

15 Mina, mina ngikhulumile, yebo, ngimbizile, ngimlethile, uyakuphumelela endleleni yakhe.

16 Sondelani kimi, nizwe lokhu; angikhulumanga ekusithekeni kwasekuqaleni; kusukela esikhathini sokuba kwenzeke, ngangikhona. Manje uJehova uNkulunkulu ungithumile kanye noMoya wakhe.

17 Usho kanje uJehova uMhlengi wakho, oNgcwele ka-Israyeli, uthi: NginguJehova uNkulunkulu wakho okufundisile okukusizayo, okuholile ngendlela omelwe ukuhamba ngayo.

18 Sengathi nga ulalele imiyalo yami! Khona ukuthula kwakho kwakuyakuba njengomfula, nokulunga kwakho njengamaza olwandle;

19 nenzalo yakho yayiyakuba ngangesihlabathi, nabantwana bezibilini zakho njengezinhlamvu zaso; igama lakhe nga linganqunywanga, lachithwa ngaphambi kwami.

### Isiyalezo sokuphuma eBabele

20 Phumani eBabele, nibalekele amaKaledi, nimemezele lokhu ngezwi lokujabula, nikuzwakalise lokhu, nikuphumisele nasemikhawulweni yomhlaba, ngokuthi: UJehova uhlengile inceku yakhe uJakobe.

21 Kabomanga lapho ebahola emahlane, wenza ukuba amanzi abagobhozele edwaleni; futhi waliqhekeza idwala, amanzi ampompoza.

22 Akukho ukuthula kwababi, usho uJehova.

## U-Isaya 49

### Inceku kaJehova

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Ngilaleleni nina ziqhingi, niqaphele nina bantu abakude; uJehova ungibizile
kwasekuzalweni, waqamba igama lami kwasezibilinini zikamame.

2 Wawenza umlomo wami njengenkemba ebukhali, wangithukusa ethunzini
lesandla sakhe, wangenza umcibisholo ophucuziweyo, wangithukusa
esambweni sakhe.

3 Wathi kimi: Uyinceku yami, u-Israyeli, engiyakuzidumisa kuye.

4 Kepha ngase ngithi mina: Ngikhandlekele ize, amandla ami ngiwachithele
okuyize nokungelutho; nokho ilungelo lami likuJehova, nomvuzo wami
ukuNkulunkulu wami.

5 Manje uthi uJehova owangibumba kwasekuzalweni ukuba ngibe yinceku
yakhe yokubuyisela kuye uJakobe, kubuthelwe kuye no-Israyeli futhi
ngidunyisiwe emehlweni kaJehova, uNkulunkulu wami waba ngamandla ami

6 yebo, uthi: Kuyinto elula ukuba ube yinceku yami ukuvusa izizwe
zakwaJakobe, nokubuyisa abaseleyo bakwa-Israyeli; ngalokho ngiyakukubeka
ube ngukukhanya kwabezizwe, ube yinsindiso yami kuze kube
semkhawulweni womhlaba.

7 Usho kanje uJehova, uMhlengi ka-Israyeli noNgcwele wakhe, kodelelwa
nokudelelwa noyisinengiso esizweni, koyinceku yababusi, uthi: Amakhosi
ayakubona, asukume, izikhulu zibone, zikhothame ngenxa kaJehova
othembekile, oNgcwele ka-Israyeli okukhethileyo.

8 Usho kanje uJehova, uthi: Ngiyakuphendula ngesikhathi somusa, ngosuku
lokusindiswa ngiyakusiza; ngiyakukulondoloza, ngikubeke ube
yisivumelwano sabantu sokubuyisa izwe nokubenza badle amafa
achithekileyo,

9 uthi kwababoshiweyo: Phumani, nakwabasebumnyameni: Velani.
Bayakuklaba ngasezindleleni, amadlelo abo abe semagqumeni onke.

10 Abayikulamba, abayikoma, abayikushaywa yisifudumezi nelanga, ngokuba
yena onomusa kubo uyakubahola, abayise emithonjeni yamanzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Ngiyakuzenza zonke izintaba zami zibe yizindlela, imendo yami iphakame.

12 Bheka, laba bayakuvela kude; bheka, laba bayakuvela enyakatho nasentshonalanga, nalaba ezweni laseSinimi.

13 Jabulani nina mazulu, uthokoze nawe mhlaba, niqhumuke ngokuhlabelela nina zintaba, ngokuba uJehova ududuza abantu bakhe, abe nomusa kwabahluphekileyo bakhe.

**Isikhathi somusa**

14 Kepha iSiyoni lithi: UJehova ungishiyile, iNkosi ingikhohliwe.

15 Owesifazane angakhohlwa umntwana wakhe oncelayo ukuba angabi namusa kuyo indodana yesizalo sakhe na? Yebo, bona bangakhohlwa, kodwa mina anginakukukhohlwa wena.

16 Bheka, ezandleni zami ngikubhalile, izingange zakho ziphambi kwami njalo.

17 Abantwana bakho bayashesha; abakuchithayo nabakwenza ize baphuma kuwe.

18 Phakamisa amehlo akho nxazonke, ubone: bonke bayabuthana, bafika kuwe. Kuphila kwami, usho uJehova, impela uyakubembatha bonke njengemvunulo, uzibhince ngabo njengomakoti.

19 Ngokuba izindawo zakho ezichithekileyo neziyize nezwe lakho eliqothuliweyo kuyakuminyana ngabakhileyo khona, nabakugwinyileyo bayakuba kude.

20 Abantwana bokusweziselwa kwakho basayakusho ezindlebeni zakho ukuthi: Indawo ingumcingo kimi; sukani kimi ukuba ngihlale.

21 Bese wusho enhliziyweni yakho ukuthi: Ngubani ongizalele laba, lokhu ngaphuciwe abantwana bami, ngingenalutho, ngingumthunjwa, ngingozulazulayo, na? Ngubani okhulise laba na? Bheka, ngasala ngedwa; laba babephi na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Isho kanje iNkosi uNkulunkulu, ithi: Bheka, ngiyakuphakamisela izizwe izandla zami, ngimisele abantu ibhanela lami; bayakuletha amadodana akho esifubeni sabo, namadodakazi akho ayakuthwalwa emahlombe.

23 Amakhosi ayakuba ngabazanyana bakho, namakhosikazi awo ayakuba ngabancelisi bakho; bayakukukhothamela ubuso bubheke phansi, bakhothe uthuli lwezinyawo zakho; uyakwazi ukuthi nginguJehova, abethemba kimi abayikujabha.

24 Impango ingasuswa kuwo amaqhawe, nabathunjwa bangophulwa kubacindezeli, na?

25 Noma kunjalo, uJehova uthi: Yebo, abathunjwa bamaqhawe bangasuswa, nempango yabacindezeli iyakophulwa, kepha mina ngiyakulwa naye olwa nawe, ngisindise abantwana bakho.

26 Ngiyakudlisa abacindezeli bakho inyama yabo, badakwe yigazi labo njengangewayini elimnandi; inyama yonke iyakwazi ukuthi mina Jehova nginguMsindisi wakho, noMhlengi wakho, uMninimandla kaJakobe.

## U-Isaya 50

1 Usho kanje uJehova, uthi: Iphi incwadi yesahlukaniso engimlahlile ngayo, noma ngumuphi enginesikwenetu kuye engithengisile ngani kuye na? Bhekani, nathengiswa ngobubi benu, nangeziphambeko zenu, unyoko walahlwa.

2 Ngalokho ekufikeni kwami kwaba ngani ukuba kungabikho muntu, nasekubizeni kungabikho ophendulayo, na? Isandla sami sifinyeziwe nokufinyezwa, ukuze singahlengi na? Noma angisenamandla okophula na? Bheka, ngokukhuza kwami ngiyomisa ulwandle, ngenze imifula ibe yihlane; izinhlanzi zalo ziyanuka, ngokuba awakho amanzi, ziyafa ukoma.

3 Ngiyembathisa amazulu ubumnyama, ngenze indwangu yamasaka ibe yisimbozo sawo.

**Umsebenzi Wenceku**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 INkosi uJehova inginikile ulimi lwabafundi ukuba ngazi ukuvuselela oyethileyo ngamazwi ahlumelelayo; ivusa njalo indlebe yami ekuseni imihla ngemihla ukuba ngizwe njengabafundi.

5 INkosi uJehova iyivulile indlebe yami, mina angihlubukanga, angihlehlanga nyovane.

6 Nganika abashayi umhlane, nezihlathi zami kubo abahluthula isilevu; angibusithelisanga ubuso bami ekuhlazisweni nasekufelweni amathe.

7Ngokuba iNkosi uJehova iyakungisiza; ngalokho angijabhanga, ngalokho ngibumisile ubuso bami njengensengetsha; ngiyazi ukuthi angiyikujabha.

8 Ongithethayo useduze; ngubani ongamelana nami na? Masivuke kanyekanye; ngubani omangalelana nami na? Makasondele kimi.

9 Bheka, iNkosi uJehova iyakungisiza; ngubani oyakungilahla na? Bheka, bonke bayakuguga njengengubo, badliwe njengezinundu.

10Ngubani phakathi kwenu omesabayo uJehova? Makalilalele izwi lenceku yakhe ehambile ebumnyameni, ethembile egameni likaJehova, noma ingenakukhanya, yencika kuNkulunkulu wakhe.

11Bhekani nina nonke eniphemba umlilo, enibhinca izikhuni, manihambe ekukhanyeni komlilo wenu naphakathi kwezikhuni eniziphembileyo. Lokhu kuyakuba phezu kwenu kuvela esandleni sami; niyakulala phansi ngobuhlungu.

## U-Isaya 51

### Ukukhululwa kuyasondela

1 Ngilaleleni nina enilandela ukulunga, nina enimfunayo uJehova; bhekani kulo idwala eniqhezulwe kulo, nakuyo imibhobo yomgodi enakhishwa kuyo.

2 Bhekani ku-Abrahama uyihlo, nakuSara owanizalayo, ngokuba eseyedwa ngambiza, ngambusisa, ngamandisa.

3 Ngokuba uJehova uyakuliduduza iSiyoni, aziduduze zonke izindawo zalo ezichithekileyo, enze ihlane lalo libe njenge-Edene, noqwathule lwalo lube

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

njengensimu kaJehova; injabulo nentokozo kuyakufunyanwa khona, ukubonga nezwi lokuhlabelela.

4 Ngizweni, bantu bami, ningibekele indlebe nina sizwe sami, ngokuba kuyakuphuma kimi umthetho, ngibeke ukwahlulela kwami kube ngukukhanya kwabantu.

5 Ukulunga kwami kuseduze, insindiso yami iphumile, izingalo zami ziyakubahlulela abantu; iziqhingi ziyangihlalela, zilindela umkhono wami.

6 Phakamiselani amehlo enu ezulwini, niwubheke umhlaba phansi, ngokuba izulu liyakunyamalala njengomusi, umhlaba uguge njengengubo, nabakhileyo kuwo bafe njengezinsensane, kepha insindiso yami iyakuma kuze kube phakade, nokulunga kwami akuyikuphela.

7 Ngilaleleni nina enazi ukulunga, abantu abamthetho wami usezinhliziyweni zabo; ningesabi ukusolwa ngabantu, ningapheli amandla ngezithuko zabo.

8 Ngokuba inundu iyakubadla njengengubo, nebhu libadle njengoboya bezimvu, kodwa ukulunga kwami kuyakuma kuze kube phakade, nensindiso yami ezizukulwaneni ngezizukulwane.

9 Vuka, vuka, wembathe amandla wena mkhono kaJehova, vuka njengasezinsukwini zasendulo, ezizukulwaneni zamandulo. Akusuwe owamnquma kabili uRahabi, wamgwaza udrako, na?

10 Akusuwe owomisa ulwandle, amanzi asotweni olujulileyo, owenza izinzulu zolwandle zaba yindlela yokuba kuwele abahlengiweyo, na?

11 Abahlawulelweyo bakaJehova bayakubuya, bafike eSiyoni bejabula; intokozo engapheliyo iyakuba semakhanda abo, bathole injabulo nentokozo, usizi nokububula kubaleke.

12 Yimina, yimi enginguye oniduduzayo; ungubani wena ukuba wesabe umuntu ofayo, nendodana yomuntu eyakwenziwa ibe njengotshani, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Ukhohliwe uJehova uMenzi wakho owaleneka izulu nowasibeka isisekelo
somhlaba; uthuthumele njalo izinsuku zonke ngokufutheka komcindezeli
njengokungathi ozilungiselela ukuchitha; kuphi ukufutheka komcindezeli na?

14Othotshisiweyo uyakushesha ukukhululwa; kayikufa, kayikwehlela egodini,
kayikuswela isinkwa sakhe.

15 NginguJehova uNkulunkulu wakho ovusa ulwandle, ukuze amaza alo
ahlokome; nguJehova Sebawoti igama lakhe.

16 Ngiwabekile amazwi ami emlonyeni wakho, ngikusibekele emthunzini
wesandla sami, ukuze ngiwatshale amazulu, ngisibeke isisekelo somhlaba,
ngithi kulo iSiyoni: Wena uyisizwe sami.

17 Vuka, vuka, usukume wena Jerusalema ophuzile esandleni sikaJehova
indebe yokufutheka kwakhe; uphuzile isitsha sendebe yokutengezela,
wasiminya.

18Akakho ongalihola phakathi kwawo onke amadodana eliwazalileyo. Akakho
ongalibamba ngesandla kuwo onke amadodana eliwakhulisileyo.

19 Lokhu kokubili kukwehlele; ngubani okukhalelayo na? Lapho kukhona
incithakalo nokubhujiswa, ukulamba nenkemba, ngubani ongakududuza na?

20 Amadodana akho adangele, alala ezihlokweni zezitaladi zonke, njengewula
esihibeni; agcwele ukufutheka kukaJehova nokukhuza kukaNkulunkulu
wakho.

21Ngalokho ake uzwe lokhu wena ohluphekayo nodakiweyo, kungengewayini
kodwa;

22isho kanje iNkosi yakho uJehova noNkulunkulu wakho emela indaba
yabantu, ithi: Bheka, ngiyithathile esandleni sakho indebe yokutengezela;
yebo, isitsha sendebe yokufutheka kwami awusayikusiphuza.

23 Ngiyakusibeka esandleni sabakuhluphayo, abashoyo emphefumulweni
wakho ukuthi: Khothama, sidlule phezu kwakho; wawusuwubeka umhlane
wakho waba njengomhlabathi nesitaladi kwabadlulayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## U-Isaya 52

1 Vuka, vuka, wembathe amandla akho, Siyoni, uzigqoke izingubo zakho ezinhle, Jerusalema, muzi ongcwele, ngokuba akusayikungena kuwe ongasokile nongcolileyo.

2 Zithintithe uthuli, usukume, uhlale, Jerusalema elithunjiweyo; zikhulule eziboshweni zentamo yakho wena ndodakazi yaseSiyoni ethunjiweyo.

3 Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Nathengiswa ngento engelutho; niyakuhlengwa ngaphandle kwemali.

4 Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Abantu bami behlela kuqala eGibithe ukuba bagogobale khona; i-Asiriya lamcindezela ngaphandle kwesizathu.

5 Manje nginantoni lapha, usho uJehova, lapho abantu bami besusiwe ngeze na? Ababusa phezu kwabo bayaklabalasa, usho uJehova, negama lami liyahlanjalazwa njalo usuku lonke.

6 Ngalokho abantu bami bayakulazi igama lami; ngalokho bayakuqonda ngalolo suku ukuthi yimi engikhulumileyo; bhekani, ngilapha.

7 Zimnandi kangakanani ezintabeni izinyawo zoletha izindaba ezinhle, nomemezela ukuthula, obika izindaba ezinhle, ezwakalise ukusindiswa, oshoyo kulo iSiyoni ukuthi: UNkulunkulu wakho uyinkosi.

8 Izwi labalindi bakho, bayaliphakamisa izwi, bajabule kanyekanye, ngokuba bayakubona iso neso, lapho uJehova ebuyela eSiyoni.

9 Qhumukani ngokuhlabelela, nihlabelele kanyekanye, nina zindawo ezichithekileyo zaseJerusalema, ngokuba uJehova ubaduduzile abantu bakhe, ulihlengile iJerusalema.

10 UJehova wambulile ingalo yakhe engcwele emehlweni ezizwe zonke, namajukujuku onke omhlaba ayakubona insindiso kaNkulunkulu wethu.

11 Mukani, mukani, niphume lapha, ningathinti okungcolileyo, niphume phakathi kwalo, nizihlambulule nina eniphatha izitsha zikaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngokuba aniyikuphuma ngokushesha, ningahambi ngokubaleka, ngokuba uJehova uyakuhamba phambi kwenu, noNkulunkulu ka-Israyeli uyakuba semva kwenu.

### Ukuhlupheka kwenceku

13 Bheka, inceku yami iyakuphumelela kahle; iyakukhuliswa, iphakanyiswe, iphakame kakhulu.

14 Njengalokhu abaningi bamangala ngayo ubuso bayo babonakele kunobabantu, nesimo sayo kunesamadodana abantu

15 kanjalo iyakwethusa izizwe eziningi; amakhosi ayakuvala imilomo yawo ngenxa yayo, ngokuba lokho angatshelwanga khona ayakukubona, nalokho angakuzwanga ayakukuqonda.

## U-Isaya 53

1 Ngubani owakholwa ngesikuzwileyo; ingalo kaJehova yambulelwa bani na?

2 Ngokuba yakhula njengehlumela phambi kwakhe, nanjengempande emhlabathini owomileyo; yayingenasimo nabuhle ukuba siyibuke, yayingabukeki ukuba siyifune.

3 Yayideleliwe, yashiywa ngabantu, umuntu wobuhlungu owazi ukugula; yeyiswa injengosithezelwa ubuso ngabantu, asiyishayanga nto yalutho.

4 Kepha yazithwala izifo zethu, yabetshatha ubuhlungu bethu, kodwa thina sathi ijezisiwe, ishaywe nguNkulunkulu, ihlushiwe.

5 Yebo, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sasiphezu kwayo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo yayo siphilisiwe thina.

6 Thina sonke sidukile njengezimvu; yilowo nalowo uphendukele endleleni yakhe; uJehova wehlisela phezu kwayo ububi bethu sonke.

7 Yacindezelwa, kepha noma yathotshiswa, ayivulanga umlomo wayo; njengewundlu eliyiswa ekuhlatshweni, nanjengemvu ethule phambi kwabagundi bayo, ayiwuvulanga umlomo wayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Yasuswa ekucindezelweni nasekwahlulelweni; ngubani esizukulwaneni sayo owacabanga ukuthi yahlwithwa ezweni lababphilayo, ishaywa ngesiphambeko sabantu bami, na?

9 Babeka ithuna layo kanye nababi; ekufeni yayinabenza okubi, noma ingenzanga indluzula, kungekho nankohliso emlonyeni wayo.

10 Nokho uJehova wathanda ukuyishaya ngezifo; lapho wenza umphefumulo wayo ube ngumnikelo wecala, iyakubona inzalo yayo, yenze izinsuku zayo zibe ziningi, nentando kaJehova iyakuphumelela esandleni sayo.

11 Ngokuhlupheka komphefumulo wayo iyakukubona, yaneliswe. Ngokwazi kwayo inceku yami, elungileyo, iyakulungisisa abaningi, ithwale izono zabo.

12 Ngalokho ngiyakuyabela kanye nabakhulu, yahlukanise impango nabanamandla, ngokuba yawuthulula umphefumulo wayo ekufeni, yabalwa kanye nezelelesi; yathwala nokho izono zabaningi, yakhulekela aboni.

## U-Isaya 54

### IJerusalema elisha

1 Jabula wena nyumba, wena ongazalanga, uqhumuke ngokuhlabelela, umemeze wena ongabanga namihelo, ngokuba abantwana boyisikhwebu baningi kunabantwana bonendoda, usho uJehova.

2 Yenza ibe banzi indawo yetende lakho; mabazelule izindwangu zamakhaya akho, ungazibambezeli, welule izintambo zakho, uziqinise izikhonkwane zakho.

3Ngokuba uyakusabalala ngakwesokunene nangakwesokhohlo, nengalo yakho iyakuqeda abezizwe, yakhe imizi echithekileyo.

4 Ungesabi, ngokuba awuyikujabha, ungabi namahloni, ngokuba awuyikujabhiswa, ngokuba uyakukhohlwa ihlazo lobusha bakho, ungabe usawakhumbula amahloni obufelokazi bakho.

5 Ngokuba uMenzi wakho ungumyeni wakho, nguJehova Sebawoti igama lakhe; oNgcwele ka-Israyeli unguMhlengi wakho, uyakubizwa ngokuthi uNkulunkulu womhlaba wonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

6Ngokuba uJehova ukubizile njengomfazi oshiyiweyo nodabukileyo emoyeni; umfazi wobusha ukhona omalayo na? usho uNkulunkulu wakho.

7 Umzuzwana omncane ngakushiya, kepha ngobumnene obukhulu ngiyakukubutha.

8Ngentukuthelo echichimayo ngabusitheza ubuso bami kuwe isikhashana, kepha ngomusa ongapheliyo ngiyakukuhawukela, usho uJehova uMhlengi wakho.

9 Ngokuba lokhu kunjengezinsuku zikaNowa kimi, ngokuba njengalokho ngafunga ukuthi amanzi kaNowa awayikube esadlula emhlabeni, kanjalo sengifungile ukuthi angisayikukuthukuthelela, ngikusole.

10 Yebo, izintaba zingamuka, namagquma angasuswa, kepha umusa wami awuyikumuka kuwe, nesivumelwano sami sokuthula asiyikususwa, usho uJehova okuhawukelayo.

11 Wena ohluphekayo, ohlukunyeziwe ungaduduzwanga, bheka, ngiyakufaka amatshe akho abe mahle, ngizibeke izisekelo zakho ngamasafire.

12Ngiyakwenza imibhoshongo yakho ngamarubi, namasango akho ngekristalo, nayo yonke imikhawulo yakho ngamatshe amahle.

13 Bonke abantwana bakho bayakuba ngabafundi bakaJehova, nokuthula kwabantwana bakho kuyakuba kukhulu.

14Uyakumiswa ngokulunga; uyakuba kude nokucindezelwa, ngokuba awuyikwesaba, nanovalo, ngokuba aluyikusondela kuwe.

15 Bheka, uma bebuthana, kungaphandle kwami, noma ngubani obuthanela wena, uyakuwa ngenxa yakho.

16 Bheka, mina ngidalile umkhandi ofutha umlilo wamalahle, azikhiphele isikhali somsebenzi wakhe; mina ngidalile futhi umchithi wokuba abhubhise.

17Asikho isikhali esenzelwa wena esiyakuphumelela, nalo lonke ulimi olukuvukelayo luyakwahlulelwa; lokhu kuyifa lezinceku zikaJehova nokulunga kwazo okuvela kimi, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## U-Isaya 55

### Isimemo sokusindiswa

1 We nina nonke enomileyo, wozani emanzini; nani eningenamali wozani
nithenge, nidle; wozani nithenge ngaphandle kwemali, yebo, iwayini nobisi,
kungabizwa lutho.

2 Niyichithelani imali kukho okungesiso isinkwa, nenzuzo yenu kukho
okunganelisiyo, na? Ngilaleleni nokungilalela, nidle okuhle, umphefumulo
wenu ujabule ngamanoni.

3 Bekani izindlebe, nize kimi, nizwe, uyakuphila umphefumulo wenu;
ngiyakwenza nani isivumelwano esiphakade, izenzo zomusa oqinisekileyo
zikaDavide.

4 Bheka, ngimnike abe ngufakazi kubantu, umholi nomyali kubantu.

5Bheka, uyakubiza izizwe ongazaziyo, nezizwe ebezingakwazi ziyakugijimela
kuwe ngenxa kaJehova uNkulunkulu wakho nangenxa yoNgcwele ka-Israyeli,
ngokuba ukudumisile.

6 Mfuneni uJehova esenokutholwa, nimbize eseseduze.

7 Omubi makashiye indlela yakhe, nomuntu owenza okubi imicabango yakhe,
abuyele kuJehova, uyakuba nomusa kuye, yebo, abuyele kuNkulunkulu
wethu, ngokuba uyakwenza ukuthethelela kube kukhulu.

8 Ngokuba imicabango yami ayisiyo imicabango yenu, nezindlela zenu azisizo
izindlela zami, usho uJehova.

9 Ngokuba njengamazulu ephakeme kunomhlaba, kanjalo izindlela zami
ziphakeme kunezindlela zenu, nemicabango yami kunemicabango yenu.

10Ngokuba njengokwehla kwemvula neqhwa ezulwini, kungabuyeli khona,
kepha kuwunethisa umhlaba, kuwenze ukuba uthele, uhlume, unike
ohlwanyelayo inhlwanyelo nodlayo isinkwa,

11 liyakuba njalo izwi lami eliphuma emlonyeni wami: aliyikubuyela ze kimi,
lingakafezi lokhu engikufunayo, liphumelele kulokhu engilithumele kukho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngokuba niyakuphuma ngokuthokoza, niholwe ngokuthula; izintaba namagquma kuyakuqhumuka ngokuhlabelela phambi kwenu, nemithi yonke yasendle iyakushaya ihlombe.

13 Esikhundleni sogagane kuyakumila umsayipuresi, nasesikhundleni samakhakhasi kuyakumila umbomvana. Kuyakuba yigama kuJehova, nesibonakaliso esingapheliyo esingayikunqunywa.

## U-Isaya 56

### Ukusindiswa kungokwabezizwe

1 Usho kanje uJehova, uthi: Gcinani ukwahlulela, nenze ukulunga, ngokuba insindiso yami iseduze ukuba ifike, nokulunga kwami ukuba kwambulwe.

2 Ubusisiwe umuntu owenza lokhu, nendodana yomuntu ebambelela kukho, ogcina isabatha engaloni, osibamba isandla sakhe ukuba singenzi nakuphi okubi.

3 Indodana yowezizwe ezihlanganise noJehova mayingasho ukuthi: Impela uJehova uyakungahlukanisa nabantu bakhe, nomthenwa angathi: Bheka, ngingumuthi owomileyo.

4 Ngokuba usho kanje uJehova ngabathenwa, uthi: Abagcina amasabatha ami, nabakhetha engikuthandayo, nababambelela esivumelwaneni sami

5 bona ngiyakubanika endlini yami naphakathi kwezingange zami isikhumbuzo negama elihle kunamadodana namadodakazi; ngiyakubanika igama eliphakade, elingayikunqunywa.

6 Nabezizwe abazihlanganisa noJehova ukumkhonza uJehova nokulithanda igama likaJehova ukuba babe yizinceku zakhe bonke abaligcina isabatha, bangaloni, nababambelela esivumelwaneni sami,

7 yebo, nabo ngiyakubayisa entabeni yami engcwele, ngibathokozise endlini yami yokukhuleka; iminikelo yabo yokushiswa nemihlatshelo yabo iyakwamukeleka e-altare lami, ngokuba indlu yami iyakubizwa ngokuthi indlu yokukhuleka phakathi kwabantu bonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8INkosi uJehova ebutha abaxoshiweyo bakwa-Israyeli ithi: Ngisezakubuthela kuye nabanye ngaphandle kwabase bebuthiwe.

### U-Israyeli wonakele

9Nonke nina zilwane zasendle, wozani nidle, nonke nina zilwane zasehlathini.

10Bonke abalindi bayizimpumputhe, abanakwazi; bonke bayizinja eziyizimungulu, abakwazi ukukhonkotha, balala bephupha, bathanda ukozela.

11 Yebo, bayizinja ezihahayo, abakwazi ukusutha; yebo, laba bangabelusi abangenakuqonda, baphendukela bonke ezindleleni zabo, kube yilowo nalowo enzuzweni yakhe, bonke kanyekanye.

12 Wozani, ngiyakuletha iwayini, sizakuzigcwalisa ngophuzo olunamandla; nengomuso liyakuba njenganamuhla, libe likhulu kakhulu.

## U-Isaya 57

1Olungileyo uyabhubha, akakho okubeka enhliziyweni; abantu abanomusa bayasuswa, kungaqondi muntu. Olungileyo uyasuswa ebubini,

2 angene ekuthuleni; abahambe ngobuqotho bayakuphumula emibhedeni yabo.

3 Kepha sondelani nina madodana abahlola imihlola, inzalo yomphingi neyesifebe.

4Nidlala nobani, nikhamisela bani umlomo, ninyalizela bani, na? Anisibo abantwana beziphambeko, inzalo yamanga yini,

5 nina enisha phakathi kwama-oki phansi kwayo yonke imithi eluhlaza, enibulala abantwana ezigodini phansi emifantwini yamadwala, na?

6Isabelo sakho siphakathi kwamatshe abushelezi asesigodini; wona yiwo angawenkatho yakho; nakuwona uthululele umnikelo wokuphuzwa, wenza umnikelo wempuphu. Ngiyakwaneliswa ngalokhu na?

7 Entabeni ende nephakemeyo uwubekile umbhede wakho; futhi wakhuphukela khona ukunikela ngomhlatshelo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Wabeka isithombe sakho emva kwezicabha nezinsika, wazambulela omunye kunami, wakhwela embhedeni, wawandisa, wavumelana nabo, wayithanda imibhede yabo, wazibonelela indawo.

9Waya kuMoloki uphethe amafutha, wawandisa amakha akho; wathumela kude izithunywa zakho, wazehlisela nasendaweni yabafileyo.

10Wakhathala ngobude bendlela, kepha awushongo ukuthi: Kuyize. Wathola amandla aneleyo, ngalokho awuphelanga amandla.

11 Washaywa luvalo ngobani, wamesaba, waze waqamba amanga, awangikhumbula, futhi ungakubekanga enhliziyweni yakho, na? Angithi njengokuba ngithulile kwasendulo, awungesabi, na?

12Mina ngiyakumemezela ukulunga kwakho nemisebenzi yakho; kepha akuyikukusiza.

13 Ekukhaleni kwakho izixuku zezithombe zakho mazikophule, kepha umoya uzakuzisusa zonke, ukuphefumula kuzithathe; kodwa othemba kimi uzakudla ifa lezwe, adle nefa lentaba yami engcwele.

14 Kuyakuthiwa: Hlelani, hlelani, nilungise indlela, nisisuse isikhubekiso endleleni yabantu bami.

### Ukuphiliswa kothobekileyo

15 Ngokuba usho kanje ophakamileyo nophezulu, ohlala kuze kube phakade, ogama lakhe lingoNgcwele, uthi: Ngihlala endaweni ephakemeyo nengcwele, kepha nakuye onomoya ochotshoziweyo nothobekileyo, ukuvuselela umoya wabathobekileyo nokuphilisa izinhliziyo zabachotshoziweyo.

16 Ngokuba angiyikulwa kuze kube phakade, angiyikuthukuthela njalonjalo, ngokuba umoya ubuyakuphela phambi kwami, leyo miphefumulo engiyenzileyo.

17 Ngenxa yobubi bokuhaha kwakhe ngathukuthela, ngamshaya, ngazisitheza ngisathukuthele, kepha waqhubeka wahlubuka ngendlela yenhliziyo yakhe.

18Ngizibonile izindlela zakhe, ngiyakumphilisa; ngiyakumhola, ngimduduze yena nabamlilelayo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[19] ngidala izithelo zezindebe zomlomo ngokuthi: Ukuthula, ukuthula kuye okude nakuye oseduze, usho uJehova; ngiyakumphilisa.

[20] Ababi banjengolwandle olunyakazisiweyo, ngokuba alunakuphumula, namanzi alo akhipha udaka nobishi.

[21] Akukho ukuthula kwababi, usho uNkulunkulu wami.

## U-Isaya 58

### Ukuzila okuyikho

[1] Memeza ngezwi elikhulu, ungazibambi, uliphakamise izwi njengecilongo, utshele abantu bami iziphambeko zabo, indlu kaJakobe izono zayo.

[2]Nokho bangifuna izinsuku zonke, bathanda ukwazi izindlela zami; njengesizwe esenza ukulunga, singashiyi ukwahlulela kukaNkulunkulu waso, babuza kimi izahlulelo zokulunga, bathanda ukusondela kuNkulunkulu.

[3] Bathi: Sizileleni ukudla, ungaboni, na? Sizihlupheleni izinhliziyo zethu, ungakwazi, na? Bhekani, ngosuku lokuzila kwenu niyaqhuba umsebenzi, nicindezele zonke izisebenzi zenu.

[4]Bhekani, nizilela ukulwa nokuphikisana nokushaya ngenqindi yobubi. Anisazili namuhla ukuze nilizwakalise izwi lenu phezulu.

[5] Yikhona lokhu kuzila engikukhethileyo yini nosuku lokuba umuntu awuhluphe umphefumulo wakhe; ukuthi umuntu ugoba ikhanda lakhe njengomhlanga, endlale indwangu yamasaka nomlotha phansi kwakhe, na? Lokhu kambe ungakubiza ngokuthi ukuzila nosuku olwamukelekayo kuJehova na?

[6] Akusikho lokhu kuzila engikukhethileyo yini: ukuthukulula izibopho zobubi nokuxegisa imichilo yejoka; ukukhulula abacindezelwayo nokwaphula onke amajoka na?

[7] Akusikho ukwabela abalambileyo isinkwa sakho, nokuyisa abampofu nemihambima ekhaya lakho, nokwembesa ohamba ze, lapho umbonayo, nokungazisithezi kwaba yinyama yakho, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[8] Khona ukukhanya kwakho kuyakuqhamuka njengokusa, nokuphuluka kwakho kuyakuvela masinyane, ukulunga kwakho kuhambe phambi kwakho, inkazimulo kaJehova ibe semva kwakho.

[9]Khona wena uyakubiza, kusabele uJehova; uyakukhala, abesethi: Bheka, ngilapha. Uma ususa phakathi kwakho ijoka, nokukhomba ngomunwe, nokukhuluma okubi,

[10] umnike olambileyo isinkwa sakho, usuthise othotshisiweyo, khona ukukhanya kwakho kuyakuphuma ebumnyameni, ukuhlwa kwakho kube njengemini.

[11]UJehova uyakukuhola njalo, asuthise umphefumulo wakho ezindaweni ezomileyo, aqinise amathambo akho; uyakuba njengensimu eniselweyo nanjengomthombo wamanzi, omanzi awo angaphuthi.

[12] Abavela kuwe bayakwakha izincithakalo ezindala, ubuye wakhe izisekelo zezizukulwane ezidlulileyo, ubizwe ngokuthi uMvalisikhala noMlungisi wemikhondo ukuba kuhlalwe khona.

[13] Uma ulubuyisa unyawo lwakho kulo isabatha, ukuze ungenzi umsebenzi wakho ngosuku lwami olungcwele, ulibize isabatha ngokuthi intokozo, nolungcwele lukaJehova ngokuthi lunodumo, uludumise, ungahambi ngezindlela zakho, ungawuqhubi umsebenzi wakho, ukhulume ize,

[14] khona uyakuzijabulisa kuJehova, ngikukhweze ezindaweni eziphakemeyo zomhlaba, ngikuphe ukuba ulidle ifa likaJakobe uyihlo, ngokuba umlomo kaJehova ukukhulumile.

## U-Isaya 59

### Isono nokusindiswa

[1] Bheka, isandla sikaJehova asifinyeziwe ukuba singasindisi, nendlebe yakhe ayinzima ukuba ingezwa.

[2] Kepha ububi benu bunahlukanisile noNkulunkulu, nezono zenu zibusithile ubuso bakhe kini ukuba angezwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Ngokuba izandla zenu zingcolile igazi, neminwe yenu ububi; izindebe zenu zomlomo zikhuluma amanga, nezilimi zenu zinyenyeza okubi.

4 Akakho omemeza ngokulunga, akakho owahlulela ngeqiniso; bethemba kokuyize, bakhuluma amanga; bakhulelwe yingozi, bazala ububi.

5 Bachamisela amaqanda ebululu, baluka ubulembu bolwembu; odlayo amaqanda abo uyafa, okuchotshozwayo kuqhamuka kuyibululu.

6 Ubulembu babo abuyikuba yizingubo, futhi abanakuzimboza ngemisebenzi yabo; isenzo sendluzula sisezandleni zabo.

7 Izinyawo zabo zigijimela ebubini, bashesha ukuchitha igazi elingenacala; imicabango yabo iyimicabango yobubi; incithakalo nokubhujiswa kusezindleleni zabo.

8 Indlela yokuthula abayazi, nokwahlulela akukho emikhondweni yabo; bazenzele izindlela eziyisigwegwe, bonke abahamba ngazo abazi ukuthula.

9 Ngalokho ukwahlulela kukude nathi, nokulunga akusifumani; sihlalela ukukhanya, kepha bheka, ubumnyama; silindela imini, kepha sihamba ekuhlweni.

10 Siphuthaza udonga njengempumputhe, yebo, siphumputha njengabangenamehlo; sikhubeka emini njengasekuhweleleni; phakathi kwabaphilayo sinjengabafileyo.

11 Siyagwavuma sonke njengamabhere, siyalilisela nokulilisela njengamajuba; silindela ukwahlulela, kepha akukho, nokusindiswa, kepha kukude nathi.

12 Ngokuba iziphambeko zethu zandile phambi kwakho, nezono zethu ziyafakaza ngathi; ngokuba iziphambeko zethu zikithi, nokona kwethu siyakwazi:

13 ukuphambuka nokumphika uJehova, nokumhlubuka uNkulunkulu wethu, nokukhuluma ukucindezela nokwambuka, nokucabanga nokukhuluma amazwi amanga aphuma enhliziyweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14 Ukwahlulela kubuyiselwa emuva, nokulunga kumi kude, ngokuba iqiniso liyakhubeka esigcawini, nobuqotho abunakungena.

15 Iqiniso lisilele; osuka ebubini uzenza impango; uJehova wakubona lokho, kwaba kubi emehlweni akhe ukuthi ukwahlulela akukho.

16 Wabona ukuthi akukho muntu, wamangala ukuthi wayengekho omelayo; yayisimsindisa ingalo yakhe, nokulunga kwakhe kwamphasa.

17 Wafaka ukulunga njengebhantshi lensimbi, nesigqoko sensindiso ekhanda lakhe; wagqoka izingubo zokuphindisela zaba ngezokwembatha, wazembesa ukushisekela njengengubo.

18 Njengokwenza kwabo, kanjalo uyakubaphindisela: ukufutheka kuzo izitha zakhe, nokwenza kwabo kwabamelene naye, abuyisele eziqhingini izenzo zazo.

19 Bayakulesaba igama likaJehova entshonalanga, nenkazimulo yakhe empumalanga, ngokuba uyakufika njengomfula okhahlamezayo, oqhutshwa ngumoya kaJehova.

20 Kepha uyakufika eSiyoni engumhlengi, nakulabo abakwaJakobe ababuya eziphambekweni, usho uJehova.

21 Mina-ke, lokhu kuyisivumelwano sami nabo, usho uJehova, sokuthi umoya wami ophezu kwakho namazwi ami engiwabeke emlonyeni wakho akuyikusuka emlonyeni wakho, nasemlonyeni wenzalo yakho, nasemlonyeni wenzalo yenzalo yakho, usho uJehova, kusukela manje kuze kube phakade.

## U-Isaya 60

### Inkazimulo ezayo yeSiyoni

1 Vuka ukhanye, ngokuba ukukhanya kwakho kuyeza; inkazimulo kaJehova iphumela phezu kwakho.

2 Ngokuba bheka, ubumnyama buyasibekela umhlaba, nesigayegaye abantu; kepha uJehova uyaphuma phezu kwakho, nenkazimulo yakhe iyakubonakala phezu kwakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Izizwe ziyakuhamba ekukhanyeni kwakho, namakhosi ekukhazimuleni
kokuphuma kwakho.

4 Phakamisa amehlo akho nxazonke, ubone; babuthana bonke, beza kuwe;
amadodana akho ayakuvela kude, namadodakazi akho ayakuphathwa
ngezingalo.

5 Khona uyakubona, ukhazimule; inhliziyo yakho iyakugquma, yanuleke,
ngokuba ingcebo yolwandle iyakuphendulelwa kuwe, nemfuyo yezizwe
iyakuza kuwe.

6 Ubuningi bamakamela buyakukusibekela, amakamela amasha
akwaMidiyani nase-Efa; bonke abaseSheba bayakuza, balethe igolide
nenhlaka, bamemezele izindumiso zikaJehova.

7 Yonke imihlambi yaseKedari iyakubuthelwa kuwe, nezinqama
zakwaNebayoti ziyakukukhonza, zikhuphukele e-altare lami ngokuthanda
kwami, ngiyidumise indlu yodumo lwami.

8 Ngobani laba abandiza njengefu, nanjengamajuba aya ezidlekeni zawo, na?

9 Iziqhingi ziyangihlalela, imikhumbi yaseTharishishi kuqala, ukuletha
amadodana akho evela kude, enesiliva negolide lawo kulo igama likaJehova
uNkulunkulu wakho nakoNgcwele ka-Israyeli, ngokuba uyakudumisa.

10 Abezizwe bayakuzakha izingange zakho, amakhosi abo akukhonze; noma
ngakushaya ngentukuthelo yami, sengiyakuhawukela ngomusa wami.

11 Amasango akho ayakuvuleka njalo, awayikuvalwa imini nobusuku, ukuze
imfuyo yezizwe ilethwe kuwe, amakhosi azo eqhutshwa eboshiwe.

12 Ngokuba isizwe nombuso ongakukhonzi uyakuphela; yebo, lezo zizwe
ziyakuqedwa impela.

13 Inkazimulo yaseLebanoni iyakuza kuwe, umsayipuresi, nomthidari,
nomkhoba kanyekanye, ukuyihlobisa indawo yendlu yami engcwele,
ngiyikhazimulise indawo yezinyawo zami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Amadodana abakucindezelayo ayakufika kuwe efolile, nabo bonke abakudelelayo bayakukhothama ngasematheni ezinyawo zakho, bakubize ngokuthi uMuzi kaJehova neSiyoni loNgcwele ka-Israyeli.

15 Esikhundleni sokuba ushiywe, uzondwe, kungabe kusabakho muntu odabulayo, ngiyakwenza isivunulo esiphakade nentokozo yezizukulwane ngezizukulwane.

16 Uyakuncela ubisi lwezizwe, uncele namabele amakhosi; uyakwazi ukuthi mina Jehova nginguMsindisi wakho, noMhlengi wakho, uMninimandla kaJakobe.

17 Esikhundleni sethusi ngiyakuletha igolide, nasesikhundleni sensimbi ngiyakuletha isiliva; esikhundleni somuthi ithusi, nasesikhundleni samatshe insimbi, ngibeke ukuthula kube ngababonisi bakho, nokulunga kube ngababusi bakho.

18 Indluzula ayisayikuzwakala ezweni lakho, nencithakalo nokubhubhisa phakathi kwemikhawulo yakho, kepha uyakubiza izingange zakho ngokuthi iNsindiso, namasango akho ngokuthi iNdumiso.

19 Ilanga alisayikuba ngukukhanya kuwe emini, nenyanga ayisayikukukhanyisela ngokukhazimula ebusuku; uJehova uyakuba ngukukhanya okuphakade kuwe, uNkulunkulu wakho abe ludumo lwakho.

20Ilanga lakho alisayikushona, nenyanga yakho ayisayikuncipha, ngokuba uJehova uyakuba ngukukhanya okuphakade kuwe, nezinsuku zokulila kwakho ziyakuphela.

21 Abantu bakho bayakuba ngabalungileyo bonke, badle ifa lezwe kuze kube phakade, igatsha lokutshala kwami, umsebenzi wezandla zami, ukuba ngidunyiswe.

22Omncane uyakuba yinkulungwane, ophansi abe yisizwe esinamandla; mina nginguJehova, ngiyakukusheshisa ngesikhathi sakho.

## U-Isaya 61

### Ukusindiswa kweziboshwa

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

1 UMoya weNkosi uJehova uphezu kwami, ngokuba uJehova ungigcobile ukuba ngishumayele izindaba ezinhle kwabathotshisiweyo; ungithumele ukubopha abanhliziyo ezaphukileyo, nokumemezela ukukhululwa kwabathunjwa nokuvulelwa kweziboshwa itilongo,

2 ngimemezele umnyaka womusa kaJehova nosuku lokuphindisela lukaNkulunkulu wethu, ngiduduze bonke abalilayo,

3 ngenze ukuba abalilayo eSiyoni baphiwe amaqhele esikhundleni somlotha, amafutha enjabulo esikhundleni sokulila, ingubo yokudumisa esikhundleni somoya odangeleyo, ukuze babizwe ngokuthi imithi yokulunga nokutshaliwe nguJehova ukuba adunyiswe.

4 Bayakwakha izincithakalo ezindala, bavuse izindawo ezichithekileyo zakuqala, balungise imizi ebhujisiweyo, izindawo eziyihlane izizukulwane ngezizukulwane.

5 Abezizwe bayakumela ukwalusa imihlambi yenu, abafokazi babe ngabalimi benu nabaphathi bezivini zenu.

6 Kepha nina niyakuthiwa abapristi bakaJehova, niyakubizwa ngokuthi izikhonzi zikaNkulunkulu wethu; niyakudla imfuyo yezizwe, nizibonge ngodumo lwazo.

7 Esikhundleni sehlazo lenu niyakuphiwa ngokuphindweyo; abadumeleyo, ukujabula kuyakuba yisabelo sabo; ngalokho ezweni lakubo bayakudla ifa ngokuphindiweyo, intokozo engapheliyo ibe ngeyabo.

8 Ngokuba mina Jehova ngithanda ukulunga, ngizonda ukuphanga kanye nokubi; ngiyakubanika umvuzo wabo ngeqiniso, ngenze isivumelwano esiphakade nabo.

9 Inzalo yabo iyakwaziwa phakathi kwezizwe, nabantwana babo phakathi kwabantu; bonke abababonayo bayakubavuma ukuthi bayinzalo uJehova ayibusisile.

10 Ngiyathokoza nokuthokoza ngoJehova, umphefumulo wami wenama ngoNkulunkulu wami, ngokuba ungembathisile izingubo zensindiso,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

wangisibekela ngesambatho sokulunga, njengomyeni efaka iqhele ngokompristi, nanjengomakoti ezihlobisa ngezimvunulo zakhe.

11Ngokuba njengokuba umhlaba uveza ihlumela lawo, nanjengensimu ehlumisa okutshalwe kuyo, kanjalo iNkosi uJehova iyakuveza ukulunga nodumo phambi kwezizwe zonke.

## U-Isaya 62

### Ukusindiswa kwendodakazi yaseSiyoni ekuthunjweni

1 Ngenxa yeSiyoni angiyikuthula, nangenxa yeJerusalema angiyikuphumula, ukulunga kwalo kungakaphumi njengokukhanya nokusindiswa kwalo njengesibani esivuthayo.

2 Izizwe ziyakubona ukulunga kwakho, namakhosi onke inkazimulo yakho; uyakubizwa ngegama elisha eliyakunqunywa ngumlomo kaJehova.

3Uyakuba ngumqhele wodumo esandleni sikaJehova, neqhele lobukhosi esandleni sikaNkulunkulu wakho.

4 Awusayikuthiwa Oshiyiweyo, nezwe lakini alisayikuthiwa iNcithakalo, kepha uyakubizwa ngokuthi Ontokozo yami ikuye, nezwe lakini ngokuthi Oganileyo, ngokuba uJehova uyathokoza ngawe, nezwe lakini lendile.

5 Ngokuba njengensizwa iganwa yintombi, kanjalo amadodana akho ayakuganwa nguwe; nanjengokuthokoza komyeni ngomakoti wakhe uNkulunkulu wakho uyakuthokoza ngawe.

6Ngimisile abalindi phezu kwezingange zakho, Jerusalema; abayikuthula nakanye imini nobusuku; nina eningabakhumbuzi ngoJehova maningaphumuli,

7 futhi ningamniki ukuphumula, aze akhe iJerusalema, alibeke libe yindumiso emhlabeni.

8 UJehova ufungile ngesandla sakhe sokunene nangengalo yamandla akhe, wathi: Impela angisayikuzinika izitha zakho amabele akho abe ngukudla kwazo; abezizwe abayikuliphuza iwayini lakho olikhandlekeleyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 kodwa abawaqoqileyo bayakuwadla, bamdumise uJehova, nabaliqoqileyo bayakuliphuza emagcekeni endlu yami engcwele.

10 Phumani, niphume ngamasango, niyilungise indlela yabantu; hlelani, niwuhlele umendo, niwakhiphe amatshe; niphakamisele izizwe ibhanela.

11 Bhekani, uJehova uyezwakala kuze kube sekugcineni komhlaba, ethi: Yishoni kuyo indodakazi yaseSiyoni ukuthi: Bheka, insindiso yakho iyeza. Bheka, umvuzo wakhe unawo, nenkokhelo yakhe iphambi kobuso bakhe.

12 Bayakubizwa ngokuthi abantu abangcwele, abahlengiweyo bakaJehova; wena uyakuthiwa Ofuniweyo, uMuzi Ongashiyiwe.

## U-Isaya 63

### Usuku lokuphindisela

1 Ngubani lona ovela kwa-Edomi enezingubo ezibomvu zakwaBosira, lona ohlobile ngezambatho zakhe ehamba ngobukhulu bamandla akhe, na? Yimi engikhuluma ngokulunga nenginamandla okusindisa.

2 Kungani ukuba izambatho zakho zibomvu, nezingubo zakho zinjengezonyathela esikhamweni sewayini, na?

3 Isikhamo sewayini ngisinyathele ngingedwa; kwakungekho nami noyedwa kubantu; ngabanyathela ngentukuthelo yami, ngabaciphiza ngokufutheka kwami, negazi labo lasaphazeka ezingutsheni zami, ngazingcolisa zonke izambatho zami.

4 Ngokuba usuku lokuphindisela lwalusenhliziyweni yami; umnyaka wokuhlenga kwami usufikile.

5 Ngabheka, kepha kwakungekho osizayo; ngamangala, kepha kwakungekho osekelayo; yayisingisindisa ingalo yami, nokufutheka kwami kwangisekela.

6 Ngase nginyathela abantu ngentukuthelo yami, ngabachoboza ngokufutheka kwami, ngathululela phansi igazi labo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

7 Ngiyakubonga umusa kaJehova, ngimdumise uJehova ngakho konke
uJehova asenzele khona, nokuhle okuningi phezu kwendlu ka-Israyeli
ayisebenzele khona ngobubele bakhe nangobuningi bomusa wakhe.

8 Wathi: Nempela bangabantu bami, abantwana abangakhohlisi, waba
ngumsindisi wabo.

9 Ezinhluphekweni zabo zonke wahlupheka naye, ingelosi yobuso bakhe
yabasindisa; ngothando lwakhe nangokuhawukela kwakhe wabahlenga,
wabanqukula, wabathwala zonke izinsuku zakuqala.

10 Kepha bahlubuka, badabukisa uMoya wakhe oNgcwele, waphenduka isitha
sabo, walwa nabo.

11 Abantu bakhe base bekhumbula izinsuku zakuqala zikaMose, bathi: Uphi
yena owabakhipha elwandle kanye nabelusi bomhlambi wakhe, na? Uphi
yena owabeka uMoya wakhe oNgcwele phakathi kwabo,

12 owenza ukuba ingalo yakhe emangalisayo ihambe ngakwesokunene
sikaMose, owahlukanisa amanzi phambi kwabo ukuba azenzele igama
eliphakade;

13 owabadabulisa elwandle njengehhashi ehlane, ukuze bangakhubeki, na?

14 Njengezinkomo ezehlela esigodini uMoya kaJehova wabaphumuza. Wahola
kanjalo abantu bakho ukuba uzenzele igama elimangalisayo.

15 Bheka usezulwini, ubone usendaweni yobukhosi bakho neyodumo lwakho:
kuphi ukushisekela kwakho nemisebenzi yakho yamandla na? Ukuvutha
kwesihe sakho nobumnene bakho kugodliwe kimi.

16 Ngokuba wena unguBaba; ngokuba u-Abrahama akasazi, no-Israyeli
akasivumi. Wena Jehova unguBaba; igama lakho linguMhlengi wethu
waphakade.

17 Jehova, usidukiselani ezindleleni zakho, uzenze lukhuni izinhliziyo zethu
zingakwesabi, na? Buya ngenxa yezinceku zakho, izizwe zefa lakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[18] Abantu bakho abangcwele balidla ifa isikhashana nje; izitha zethu zinyathele phansi indlu yakho engcwele.

[19]Sinjengalabo ongazange ubuse phezu kwabo, nabangabizwanga ngegama lakho.

## U-Isaya 64

### Ukukhala kuka-Israyeli

[1] Sengathi ungadabula amazulu, wehle, zizamazame izintaba phambi kwakho

[2]njengokuphenjwa komlilo ezinsabeni, nalapho umlilo ubilisa amanzi, ukuze wazise izitha zakho igama lakho, izizwe zithuthumele phambi kwakho.

[3]Ekwenzeni kwakho okwesabekayo esingakubhekanga wehla; izintaba zathuthumela phambi kwakho.

[4]Kusukela endulo abantu abezwanga, abacoshanga nangendlebe, futhi iso alibonanga uNkulunkulu ngaphandle kwakho osebenzela omhlalelayo.

[5]Wahlangabeza labo ababethokoza ngokwenza ukulunga, labo abakukhumbulayo ezindleleni zakho. Wena wathukuthela, thina sona; sahlala kukho nasendulo; siyakusindiswa na?

[6] Sonke saba njengongcolileyo, nokulunga kwethu konke kwakunjengengubo enindiweyo; sabuna sonke njengeqabunga, nobubi bethu basisusa njengomoya.

[7]Kwakungekho owalibiza igama lakho, owazivusela ukubambelela kuwe, ngokuba wabusitheza ubuso bakho kithi, wasiqeda ngenxa yobubi bethu.

[8] Kepha manje, Jehova, unguBaba; thina siyibumba, wena ungumbumbi wethu, singumsebenzi wesandla sakho sonke.

[9] Ungathukutheli kakhulu, Jehova, ungakhumbuli njalo ububi. Bheka, mawubone ukuthi sonke singabantu bakho.

[10]Imizi yakho engcwele iphendukile ihlane; iSiyoni liphendukile ihlane, neJerusalema liyincithakalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[11] Indlu yethu engcwele nemangalisayo, lapho obaba babekudumisa khona, ishisiwe ngomlilo, nazo zonke izindawo zethu ezithandekayo ziphendukile izincithakalo.

[12]Ungazibamba kukho konke lokhu, Jehova? Ungathula, uze usihluphe kangaka, na?

## U-Isaya 65

### Ukwahlulela

[1] Ngafunwa ngabangangicelanga, ngafunyanwa ngabangangifunanga, ngathi: Ngibhekeni, ngibhekeni, kuso isizwe esingabizwanga ngegama lami.

[2] Ngizelulile izandla zami usuku lonke kubantu abahlubukayo, abahamba ngendlela engenhle nangokwemicabango yabo,

[3]abantu abangithukuthelisa ebusweni bami njalo, behlabela ezivandeni, beshisa impepho phezu kwezitini,

[4]abahlala emathuneni, balale ezindaweni ezisithekileyo, badle inyama yezingulube, benomhluzi wezinto ezinengekayo ezitsheni zabo,

[5] abathi: Hlehla, ungasondeli kimi, ngokuba ngingcwele kuwe; banjengomusi emakhaleni ami, umlilo ovutha usuku lonke.

[6] Bheka, kulotshiwe phambi kwami ukuthi: Angiyikuthula, ngiyakuphindisela, yebo, ngiphindisele ezifubeni zabo

[7] ububi babo nobubi bawoyise kanyekanye, usho uJehova, abashisa impepho ezintabeni, bangihlambalaza emagqumeni; ngiyakulinganisa kuqala umvuzo wabo ezifubeni zabo.

[8]Usho kanje uJehova, uthi: Njengalokhu iwayini litholwa ehlukuzweni, bese kuthiwa: Malingachithwa, ngokuba isibusiso sikulo, kanjalo ngiyakwenza ngenxa yenceku yami: angiyikubabulala bonke.

[9] Ngiyakuveza inzalo kuJakobe, nendlalifa yezintaba zami kuJuda; abakhethiweyo bami bayakulidla, nezinceku zami ziyakwakha khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 ISharoni liyakuba yisibaya sezimvu, nesiGodi sase-Akori indawo yokubuthisa kwezinkomo kubantu bami abangifunayo.

11 Kepha nina enimshiya uJehova, nikhohlwe intaba yami engcwele, nihlelele iNhlanhla itafula, nigcwalisele isiMiselo iwayini elixutshanisiweyo,

12 ngiyakuninqumela inkemba, nikhothamele nonke ukuhlatshwa, ngokuba lapho nganibiza, aniphendulanga, nalapho ngakhuluma, anizwanga, kepha nenza okubi emehlweni ami, nakhetha lokhu engingathokozanga ngakho.

13 Ngalokho isho kanje iNkosi uNkulunkulu, ithi: Bhekani, izinceku zami ziyakudla, kepha nina niyakulamba; bhekani, izinceku zami ziyakuphuza, kepha nina niyakoma; bhekani, izinceku zami ziyakuthokoza, kepha nina niyakujabha;

14bhekani, izinceku zami ziyakujabula ngokwenama kwenhliziyo, kepha nina niyakuklewula ngokwaphuka komoya, nikhale ngobuhlungu benhliziyo.

15 Niyakulishiya igama lenu libe yisiqalekiso kwabakhethiweyo bami, iNkosi uJehova inibulale, izibize izinceku zayo ngelinye igama,

16 ukuze kuthi ozibusisa emhlabeni azibusise kuNkulunkulu weqiniso, nofunga emhlabeni, afunge uNkulunkulu weqiniso, ngokuba izinhlupheko zakuqala zikhohlakele nangokuba zisithele emehlweni ami.

**Izulu elisha nomhlaba omusha**

17 Ngokuba bheka, ngiyadala izulu elisha nomhlaba omusha; izinto zakuqala aziyikukhunjulwa, zingene enhliziyweni.

18 Kepha jabulani, nethabe kuze kube phakade ngengikudalayo, ngokuba bheka, ngilidala iJerusalema libe ngukwethaba, nabantu balo babe yinjabulo.

19 Ngiyakwethaba ngeJerusalema, ngijabule ngabantu bami, kungabe kusezwakala izwi lokulila nezwi lokukhala.

20 Kusukela lapho akusayikuba khona ingane yezinsuku nje nexhegu elingazigcwalisanga izinsuku zalo, ngokuba omusha uyakufa eneminyaka eyikhulu yobudala, isoni siqalekiswe sineminyaka eyikhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Bayakwakha izindlu, bahlale kuzo; bayakutshala izivini, badle izithelo zazo.

22 Abayikwakha, kuhlale omunye; abayikutshala, kudle omunye, ngokuba izinsuku zabantu bami ziyakuba njengezinsuku zomuthi, nomsebenzi wezandla zabakhethiweyo bami uyakugugela kubo.

23 Abayikushikashikela ize, bazalele izinhlupheko, ngokuba bayinzalo yababusisiweyo bakaJehova, nabantwana babo bayakuba nabo.

24 Kuyakuthi bengakangibizi, mina ngiphendule; besakhuluma, mina ngiyakuzwa.

25 Impisi iyakudla ndawonye newundlu, ingonyama idle utshani njengenkomo, uthuli lube ngukudla kwenyoka; aziyikulimaza, zingachithi kuyo yonke intaba yami engcwele, usho uJehova.

## U-Isaya 66

1 Usho kanje uJehova, uthi: Izulu liyisihlalo sami sobukhosi, umhlaba uyisenabelo sezinyawo zami; iphi leyo ndlu ebeniyakungakhela yona, iphi indawo yami yokuphumula, na?

2 Zonke lezi zinto zenziwe yisandla sami, kwavela kanjalo konke lokhu, usho uJehova. Kepha yilowo engiyakubheka kuye: ohluphekayo nonomoya ochobozekileyo, othuthumela ngezwi lami.

3Ohlaba inkunzi ebulala nomuntu, nohlaba iwundlu eyaphula nentamo yenja, nonikela ngomnikelo wempuphu, kepha enikela nangegazi lezingulube, noshisa inhlaka, ebonga nesithombe, yebo, laba bakhethile izindlela zabo, nemiphefumulo yabo iyathokoza ngezinengiso zabo.

4 Ngalokho ngiyakubakhethela izinhlupho, ngibehlisele abakwesabayo, ngokuba ekubizeni kwami kwakungekho ophendulayo, nasekukhulumeni kwami abezwanga, kepha benza okubi emehlweni ami, bakhetha lokhu engingathokozanga ngakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Yizwani izwi likaJehova nina enithuthumela ngezwi lakhe. Abafowenu abanizondayo, abanixosha ngenxa yegama lami, bashilo bathi: Makazidumise uJehova ukuba sibone intokozo yenu, kepha bona bayakujabha.

6 Yizwi lomsindo elivela emzini, yizwi lasethempelini! Yizwi likaJehova ephindisela izenzo zezitha zakhe.

7 ISiyoni lingakabi namihelo lazala; lingakehlelwa ngubuhlungu labeletha umntwana wesilisa.

8 Ngubani ozwile okunjalo na? Ngubani obonile okunjengalokhu na? Izwe lingazalwa ngosuku olulodwa na? Isizwe singabelethwa kanyekanye na? Ngokuba iSiyoni lithe lisenemihelo, lazala abantwana balo.

9 Mina ngiyakusondeza ekuzalweni ngingazalisi na? usho uJehova. Mina engingozalisayo bengiyakuvala na? usho uNkulunkulu wakho.

10 Thokozani kanye neJerusalema, nilethabele nina nonke enilithandayo; jabulani ngenjabulo kanye nalo nina nonke enilililelayo,

11 ukuze nincele, naneliswe ngamabele ezinduduzo zalo, nenyiselwe, nename ngokugcwala kwenkazimulo yalo.

12 Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakwelulela kulo ukuthula njengomfula, nenkazimulo yezizwe njengomfudlana okhukhulayo, nincele, niphathwe ngezingalo zalo, niwothwe nisemathangeni.

13 Njengoduduzwa ngunina, kanjalo ngiyakuniduduza nina, nidudzeke eJerusalema.

14 Niyakukubona, izinhliziyo zenu zijabule, amathambo enu ahlume njengohlaza; isandla sikaJehova siyakwaziwa ukuthi sisezincekwini zakhe, athukuthelele izitha zakhe.

15 Ngokuba bheka, uJehova uyakufika ngomlilo, izinqola zakhe zibe njengesivunguvungu, ukubuyisela intukuthelo yakhe ngokufutheka nokukhuza kwakhe ngamalangabi omlilo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Ngokuba uJehova uyakwahlulela inyama yonke ngomlilo nangenkemba;
ababulawayo nguJehova bayakuba baningi.

17 Abazingcwelisa, bazihlambululele ukungena ezivandeni belandela omiyo
egcekeni, bedla inyama yezingulube, nezinengiso, nezimpuku, bayakuphela
kanyekanye, usho uJehova.

18 Ngiyazi imisebenzi yabo nemicabango yabo; ngiyeza ukubutha zonke
izizwe nezilimi, zifike, zibone inkazimulo yami.

19 Ngiyakubeka isibonakaliso phakathi kwazo, ngithume ababalekileyo babo
kwabezizwe, eTharishishi, nasePhuli, naseLudi, abagoba umnsalo,
nakuThubali naseJavani, eziqhingini ezikude, ezingezwanga umbiko ngami,
zingabonanga inkazimulo yami, baze balande ngenkazimulo yami ezizweni.

20 Bayakuletha bonke abafowenu bebakhipha ezizweni zonke ngamahhashi,
nangezinqola, nangezinhlaka, nangeminyuzi, nangamakamela, babe
ngumnikelo kaJehova, beze entabeni yami engcwele eJerusalema, usho
uJehova, njengalokhu abantwana bakwa-Israyeli bewuletha umnikelo wabo
ngesitsha esihlambulukileyo endlini kaJehova.

21 Nakubona ngiyakuthatha abapristi namaLevi, usho uJehova.

22 Ngokuba njengokuba izulu elisha nomhlaba omusha engiyakukwenza
kuyakuma phambi kwami, usho uJehova, kanjalo kuyakuma inzalo yakho
negama lakho.

23 Kusukela ekwethwaseni kwenyanga kuye kwenye, kusukela kwelinye
isabatha kuye kwelinye yonke inyama iyakufika ukukhuleka phambi kwami,
usho uJehova.

24 Bayakuphuma, babone izidumbu zabantu abaphambukile kimi, ngokuba
impethu yabo ayiyikufa nomlilo wabo awuyikucima, babe yisinengiso kuyo
yonke inyama.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UJeremiya

## UJeremiya 1

### Ukubizwa kukaJeremiya

1 Amazwi kaJeremiya, indodana kaHilikiya, wabapristi ababe se-Anathoti
ezweni lakwaBenjamini,

2 okwafika kuye izwi likaJehova ezinsukwini zikaJosiya indodana ka-Amoni,
inkosi yakwaJuda, ngomnyaka weshumi nantathu wokubusa kwakhe;

3 lafika futhi ezinsukwini zikaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi
yakwaJuda, kuze kube sekupheleni komnyaka weshumi nanye kaSedekiya
indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, kuze kube sekuthunjweni
kweJerusalema ngenyanga yesihlanu.

4 Kwafika kimi izwi likaJehova, lathi:

5 Ngingakakubumbi esiswini ngakwazi; ungakaphumi esizalweni
ngakungcwelisa, ngakubeka umprofethi ezizweni.

6 Kepha ngathi: Awu, Nkosi Jehova! Bheka, angikwazi ukukhuluma, ngokuba
ngingumntwana.

7 Kepha uJehova wathi kimi: Ungasho ukuthi ungumntwana, ngokuba
uyakuya kubo bonke engikuthuma kubo, nakho konke engikuyala ngakho
uyakukukhuluma.

8 Ungabesabi, ngokuba nginawe ukuba ngikophule, usho uJehova.

9 UJehova wayeselula isandla sakhe, wawuthinta umlomo wami; uJehova
wathi kimi: Bheka, ngibekile amazwi ami emlonyeni wakho.

10 Bona, ngiyakubeka namuhla phezu kwezizwe naphezu kwemibuso
ukusiphula nokudiliza, ukuchitha nokubhubhisa, ukwakha nokutshala.

11 Izwi likaJehova lafika kimi futhi, lathi: Jeremiya, ubonani na? Ngathi:
Ngibona igatsha lomalimondi.

12 Wayesethi uJehova kimi: Ubone kahle, ngokuba ngiyakulilinda izwi lami
ukuba ngilenze.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Lase lifika kimi izwi likaJehova ngokwesibili, lithi: Ubonani na? Ngathi: Ngibona ikhanzi elibilayo. Ubuso balo bungasenyakatho.

14 Wayesethi kimi uJehova: Okubi kuyakuqhambuka ngasenyakatho, kubehlele bonke abakhileyo bomhlaba.

15 Ngokuba bheka, ngiyakubiza yonke imindeni yemibuso yasenyakatho, usho uJehova. Iyakufika, yilowo nalowo ubeke isihlalo sawo sobukhosi ezikhaleni zamasango aseJerusalema, nakuzo zonke izingange zalo nxazonke, nakuyo yonke imizi yakwaJuda.

16 Ngiyakukhipha ukwahlulela kwami phezu kwabo ngenxa yabo bonke ububi babo, ngokuba bangihlubukile, bashisela abanye onkulunkulu impepho, bakhuleka kuyo imisebenzi yezandla zabo.

17 Ngalokho bopha izinkalo zakho, usuke, ukhulume kubo bonke engikuyala ngabo; ungapheli amandla ngabo, funa ngiqede amandla akho ebusweni babo.

18 Ngokuba bheka, ngikubekile namuhla ube ngumuzi obiyelweyo, nensika yensimbi, nezingange zethusi ngakulo izwe lonke, nangawo amakhosi akwaJuda nezikhulu zalo, nangakubo abapristi balo nabantu bezwe.

19 Bayakulwa nawe, kepha abayikukwahlula, ngokuba nginawe, usho uJehova, ukuba ngikophule.

## UJeremiya 2

### Ukuhlubuka kuka-Israyeli

1 Lase lifika izwi likaJehova, lithi: Hamba umemeze ezindlebeni zeJerusalema, uthi: Usho kanje uJehova, uthi:

2 Ngikukhumbulela umusa wobusha bakho, nothando lwakho, usengumakoti, nokungilandela kwakho ehlane, izwe elingatshalwanga.

3 U-Israyeli ungcwele kuJehova, ululibo lwezithelo zakhe; bonke abazidlayo bayathola icala, okubi kuyakubehlela, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Zwanini izwi likaJehova nina ndlu kaJakobe, nani mindeni yonke yendlu ka-Israyeli.

5 Usho kanje uJehova, uthi: Ububi buni oyihlo ababufumene kimi, baze badeda kude nami, balandela okuyize, baba yize, na?

6 Abashongo ukuthi: Uphi uJehova owasikhuphula ezweni laseGibithe, wasihola ehlane ezweni lezingwadule nelemigodi, ezweni elomileyo nelethunzi lokufa, ezweni elingadatshulwa muntu, nalapho kungahlali muntu khona, na?

7 Nganingenisa ezweni elivundileyo ukuba nidle izithelo zalo nokuhle kwalo, kepha lapho seningenile, nalingcolisa izwe lami, nenza ifa lami laba yisinengiso.

8 Abapristi abashongo ukuthi: Uphi uJehova? Abaphethe umthetho babengazi, ababusi baphambuka kimi, abaprofethi baprofetha ngoBali, balandela okungenakusiza.

9 Ngalokho ngiyakuphikisana nani, usho uJehova, ngiphikisane nabantwana babantwana benu.

10Dlulani eziqhingini zaseKitimi, nibone, nithume eKedari, niqonde kahle, nibone uma yake yaba khona into enjengalena na?

11 Isizwe sike senana ngawonkulunkulu abangesibo onkulunkulu na? Kepha abantu bami benanile udumo lwabo ngokungenakusiza.

12 Mangalani ngalokho, mazulu, nithuthumele, nichitheke impela, usho uJehova.

13 Ngokuba abantu bami benzile okubi okubili: bangishiyile, umthombo wamanzi aphilileyo, bazigubhele imithombo, imithombo evuzayo, amanzi angenakuhlala kuyo.

14U-Israyeli uyisigqila yini, uyisigqila esazalelwa ekhaya na? Waba kanjani impango na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Amabhongo ezingonyama abhongile phezu kwakhe, akhonya, alenza izwe lakhe laba yincithakalo; imizi yakhe ishisiwe, kungekho owakhe kuyo.

16 Nabantwana baseNofi naseThahipanesi baphuca ukhakhayi lwakho.

17 Awuzenzeli lokhu wena ngokushiya kwakho uJehova uNkulunkulu wakho, lapho ekuhola endleleni, na?

18 Manje unani endleleni eya eGibithe ukuba uphuze amanzi aseSihori, na? Unani endleleni eya e-Asiriya ukuba uwaphuze amanzi omfula na?

19 Ububi bakho buyakukulaya, nokuhlehla kwakho kuyakukusola; yazi, ubone ukuthi kuyinto embi nebabayo yokuthi umhlubukile uJehova uNkulunkulu wakho nokuthi ukungesaba akukho kuwe, isho iNkosi uJehova Sebawoti.

20 Ngokuba walaphula ijoka lakho endulo, wazigqabula izibopho zakho, wathi: Angiyikukhonza. Ngokuba kuwo onke amagquma aphakemeyo naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza walala njengesifebe.

21 Mina ngakutshala ungumvini omuhle, imbewu elungileyo yodwa; pho, uphenduke kanjani waba yigatsha elonakeleyo kimi, elomvini wabezizwe, na?

22 Ngokuba noma ugeza ngesoda, uzithathele insipho eningi, ububi bakho bulotshiwe phambi kwami, isho iNkosi uJehova.

23 Ungasho kanjani ukuthi: Angingcolile, angilandelanga oBali, na? Bheka indlela yakho esigodini, wazi ukuthi wenzeni: uyikamela lensikazi elinejubane, elizulazula ezindleleni zalo,

24 nembongolo yasendle ejwayele ihlane, esezela umoya ngokukhanuka kwayo; ngubani ongavimbela inkanuko yayo na? Bonke abayifunayo abayikukhathala, bayakuyifumana ngenyanga yayo.

25 Nqanda unyawo lwakho lungabi olungenasicathulo, nomphimbo wakho ukuba ungomi; kepha wathi: Kuyize; cha, ngithandile abafokazi, ngiyakubalandela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26 Njengesela linamahloni, lapho selifunyenwe, kanjalo indlu yakwa-Israyeli iyakuba namahloni, bona kanye namakhosi abo, nezikhulu zabo, nabapristi babo, nabaprofethi babo

27 abathi emthini: Ungubaba, nasetsheni: Wena wangizala. Ngokuba bangifulathele, abangibheki; kepha ngesikhathi sokuhlupheka kwabo bayakusho ukuthi: Vuka, usisindise.

28 Baphi onkulunkulu bakho ozenzele bona na? Mabavuke, uma bengakusindisa ngesikhathi sokuhlupheka kwakho, ngokuba njengomumo wemizi yakho, banjalo onkulunkulu bakho, Juda.

29 Niphikisanelani nami na? Niphambukile kimi nonke, usho uJehova.

30 Ngibashayele ize abantwana benu, abakwamukelanga ukulaywa; inkemba yenu ibadlile abaprofethi benu njengengonyama echithayo.

31 Wena sizukulwane, bheka izwi likaJehova. Bengiyihlane ku-Israyeli, noma izwe lesigayegaye, na? Basholoni abantu bami ukuthi: Sesidlubulundile, asisayikubuyela kuwe, na?

32 Intombi ingakhohlwa yini izivunulo zayo, nomakoti ixhama lakhe, na? Nokho abantu bami bangikhohliwe izinsuku ezingenakubalwa.

33 Ulungisa kahle kanjani indlela yakho ukufuna uthando! Ngalokho nabesifazane ababi ubafundisile izindlela zakho.

34 Nasemiphethweni yakho kufunyenwe igazi labampofu abangenacala, kungabi ngukuthi ubafumene befohla. Kepha kukho konke lokhu

35 uthi: Anginacala. Nempela intukuthelo yakhe ibuyile kimi. Bheka, ngiyakwahlulelana nawe, ngokuba uthi: Angonanga.

36 Usheshelani kangaka ukuyiguqula indlela yakho na? Uyakujabha nangeGibithe, njengalokho wajabhiswa yi-Asiriya.

37 Uyakuphuma nalapho, izandla zakho zisekhanda, ngokuba uJehova uyabalahla obethembayo, awuyikuphumelela kubo.

**UJeremiya 3**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Kuthiwa uma indoda ilahla umkayo, abesemuka abe ngowenye indoda, isayakubuyela kuye na? Lelo zwe belingayikungcoliswa kakhulu na? Kepha wena ofebile nezithandwa eziningi ubuyela kimi, usho uJehova.

2 Phakamisela amehlo akho emadulini angenalutho, ubone; kuphi lapho ongalalwanga khona na? Ngasezindleleni ubahlalele njengomArabiya ehlane, walingcolisa izwe ngobufebe nangobubi bakho.

3 Ngalokho izihlambi zinqandiwe, nemvula yamuva ayibangakho. Nokho wawunebunzi lesifebe, wala ukuba namahloni.

4Awusand ukukhala kimi ukuthi: Baba, wena ungumngane wobusha bami, na?

5 Uyakuhlala enentukuthelo njalonjalo, ayigcine kuze kube nini na? Bheka, ukhuluma kanjalo; uyenza okubi, uyaphumelela.

6 UJehova wathi kimi emihleni kaJosiya inkosi: Ubonile okwenziwe ngu-Israyeli ohlehlayo na? Ukhuphukele kuzo zonke izintaba eziphakemeyo naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza, wafeba khona.

7Ngathi uzakubuyela kimi esekwenzile konke lokhu, kodwa akabuyanga; udadewabo okhohlisayo, uJuda, wakubona.

8 Ngabona ukuthi noma ngangimlahlile u-Israyeli ohlehlayo ngalesi sizathu sokuthi uphingile, ngamnika incwadi yesahlukaniso, udadewabo okhohlisayo, uJuda, akesabanga nokho, kepha waya wafeba naye,

9nangokuzwakala kokufeba kwakhe langcoliswa izwe, waphinga nemithi namatshe.

10Kepha kukho konke lokhu udadewabo okhohlisayo, uJuda, akabuyelanga kimi ngenhliziyo yonke, kuphela ngokuzenzisa nje, usho uJehova.

11 Wayesethi uJehova kimi: U-Israyeli ohlehlayo ubonakele elungile kunoJuda okhohlisayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Hamba umemezele lawa mazwi ngasenyakatho, uthi: Buya wena Israyeli ohlehlayo, usho uJehova; angiyikuninyakamela, ngokuba nginomusa, usho uJehova; angiyakugcina intukuthelo kuze kube phakade.

13 Yazi kuphela ububi bakho ukuthi uphambukile kuJehova uNkulunkulu wakho, wazihlakaza izindlela zakho kubo abezizwe phansi kwayo yonke imithi eluhlaza; anililalelanga izwi lami, usho uJehova.

14 Buyani, bantwana abahlehlayo, usho uJehova, ngokuba ngingumyeni wenu, nginithabathe, abe munye emzini, babe babili emndenini, nginiyise eSiyoni,

15 ngininike abelusi ngokwenhliziyo yami, abayakunalusa ngokwazi nangokuhlakanipha.

16 Kuyakuthi lapho nanda, nichume ezweni, ngalezo zinsuku, usho uJehova, bangasayikusho ukuthi: Umphongolo wesivumelwano sikaJehova; awuyikungena enhliziyweni, abayikuwukhumbula; abayikuwuswela, akusayikwenziwa omusha.

17 Ngalolo suku bayakulibiza iJerusalema ngokuthi isihlalo sobukhosi sikaJehova; izizwe zonke ziyakubuthana kulo, kulo igama likaJehova eJerusalema; azisayikuhamba ngenkani yezinhliziyo zazo ezimbi.

18Ngalezo zinsuku indlu yakwaJuda iyakuya endlini yakwa-Israyeli, ziphume kanyekanye ezweni lasenyakatho, ziye ezweni engalinika oyihlo libe yifa labo.

19 Mina bengithi: Ngiyakukubeka kanjani phakathi kwabantwana, ngikuphe izwe elinxanelekayo, ifa elihle kakhulu ezizweni! Ngathi: Niyakungibiza ngokuthi Baba , ningabuyi ekungilandeleni.

20Impela njengomfazi emkhohlisa umyeni, kanjalo ningikhohlisile nina ndlu ka-Israyeli, usho uJehova.

21 Izwi liyezwakala emadulini angenalutho, ukukhala nokukhuleka kwabantwana bakwa-Israyeli, ngokuba bayihlanekezele indlela yabo, bakhohlwa uJehova uNkulunkulu wabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Buyani nina bantwana abahlehlayo, ngikuphulukise ukuhlehla kwenu.
Bheka, sesifikile kuwe, ngokuba unguJehova uNkulunkulu wethu.

23 Impela amagquma ayize kanye nomsindo wasezintabeni. Ngokwempela
ukusindiswa kuka-Israyeli kukuJehova uNkulunkulu wethu.

24UBosheti uqedile umshikashika wawobaba kwasebusheni bethu, izimvu
zabo, nezinkomo zabo, namadodana abo, namadodakazi abo.

25 Masilale phansi namahloni, ihlazo lethu lisisibekele, ngokuba sonile
kuJehova uNkulunkulu wethu, thina nawobaba, kusukela ebusheni bethu
kuze kube namuhla, asililalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wethu.

## UJeremiya 4

1 Uma uphenduka, Israyeli, usho uJehova, uyakuphendukela kimi; uma ususa
ebusweni bami izinengiso zakho, awuyikuntengantenga.

2 Uyakufunga ngeqiniso, nangokwahlulela, nangokulunga, ngokuthi: Kuphila
kukaJehova, izizwe ziyakuzibusisa kuye, zizibonge kuye.

3 Ngokuba usho kanje uJehova kubantu bakwaJuda nabaseJerusalema, uthi:
Qathani umqatho wenu, ningatshali phakathi kwameva.

4 Zisokeleni kuJehova, nisuse amajwabu ezinhliziyo zenu nina bantu
bakwaJuda nabakhileyo eJerusalema, funa ukufutheka kwami kuphume
njengomlilo, kuvuthe, kungabikho ongakucima, ngenxa yobubi bezenzo zenu.

5 Khulumani kwaJuda, nizwakalise eJerusalema, nithi: Bethani amacilongo
ezweni, nimemeze nithi: Buthanani, singene emizini ebiyelweyo.

6 Misani ibhanela elibheka ngaseSiyoni, nibaleke ningemi, ngokuba
ngiyakuletha okubi kuvele ngasenyakatho nokubhujiswa okukhulu.

7 Ingonyama ikhuphukile esihlahleni sayo, umchithi wezizwe uyeza;
uphumile endaweni yakhe ukuba ulenze izwe lakho libe yincithakalo,
ichithwe imizi yakho, kungabikho ohlala kuyo.

8 Ngalokho bhincani izindwangu zamasaka, nikhale, nihewule, ngokuba
ulaka oluvuthayo lukaJehova alubuyanga kithi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Kuyakuthi ngalolo suku, usho uJehova, inhliziyo yenkosi iphele kanye
nezinhliziyo zezikhulu; abapristi bayakumangala, abaprofethi bethuke.

10 Ngase ngithi: Awu, Nkosi Jehova, ubakhohlisile nokubakhohlisa laba bantu
neJerusalema ngokuthi: Niyakuba nokuthula; nokho inkemba ifinyelele
emphefumulweni.

11 Ngaleso sikhathi kuyakuthiwa kulaba bantu nakulo iJerusalema: Ishisandlu
elivela emadulini angenalutho liya endodakazini yabantu bami,
lingayikubahlakaza, lingayikubahlunga.

12 Umoya omkhulu kunokuba kwenziwe lokhu uyakuphuma kimi. Manje
sengiyakukhuluma nami ukwahlulela kubo.

13 Bhekani, uyakhuphuka njengamafu, izinqola zakhe zinjengesivunguvungu,
amahhashi akhe anejubane kunezinkozi. Maye kithina, ngokuba sichithiwe!

14 Jerusalema, hlanza inhliziyo yakho, kuphume ububi, ukuze usindiswe.
Koze kube nini imicabango yakho emibi ihlala phakathi kwakho na?

15 Ngokuba izwi liyamemezela liphuma kwaDani; lizwakalisa okubi kuvela
ezintabeni zakwa-Efrayimi.

16 Khumbuzani izizwe; bhekani, nizwakalise eJerusalema ukuthi kufika
abavimbezeli abaphuma ezweni elikude; baliphakamisa izwi labo ngakuyo
imizi yakwaJuda.

17 Njengabalinda insimu baphezu kwalo nxazonke, ngokuba lingihlubukile,
usho uJehova.

18 Ukuhamba kwakho nezenzo zakho kukwenzele lokhu; lokhu kuyingozi
yakho ngokuba imunyu; ifinyelele enhliziyweni yakho.

19 Zibilini zami, zibilini zami, nginobuhlungu enhliziyweni yami; inhliziyo
yami ikhala phakathi kwami, anginakuthula, ngokuba ulizwile, mphefumulo
wami, izwi lecilongo, ukuhlatshwa komkhosi wempi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Kuyamenyezelwa ukubhujiswa phezu kokubhujiswa, ngokuba izwe lonke liyachithwa. Amatende ami ayachithwa masinyane, nezilenge zami ngokuphazima kweso.

[21]Koze kube nini ngibona ibhandela, ngizwe izwi lecilongo, na?

[22] Yebo, abantu bami bayiziwula, abangazi; bangabantwana abayiziphukuphuku, abanakuqonda; bahlakaniphele ukwenza okubi, kepha ukwenza okuhle kabakwazi.

[23] Ngabuka umhlaba; bheka, wawuyize, wawungenalutho, nezulu lalingenakukhanya.

[24]Ngabuka izintaba; bheka, zazamazama; onke amagquma anyakaza.

[25] Ngabuka; bheka, kwakungekho muntu; izinyoni zonke zezulu zazibalekile.

[26]Ngabuka; bheka, izwe elivundileyo laliyihlane, nemizi yalo yonke yayidiliziwe ebusweni bukaJehova naphambi kolaka lwakhe oluvuthayo.

[27] Ngokuba uJehova usho kanje, uthi: Izwe lonke liyakuba yincithakalo, kepha angiyikuliqeda ngokupheleleyo.

[28]Umhlaba uyakhala ngalokhu, izulu phezulu limnyama, ngokuba ngikukhulumile, ngikuhlosile, ngingazisolanga; futhi angiyikubuya kukho.

[29]Umuzi wonke uyabaleka ngenxa yomsindo wabamahhashi nowabemicibisholo; bayangena ezihlahleni, bakhuphukele emadwaleni; imizi yonke ishiyiwe, akakho ohlala kuyo.

[30]Lapho usuchithiwe, uyakwenzani na? Noma wembatha okubomvu, noma uzivunulisa ngezivunulo zegolide, noma ugqaba amehlo akho ngomuthi, uzenza muhle ngeze; izithandwa zakho ziyakudelela, zifuna ukukubulala.

[31]Ngizwile izwi njengokungathi elonemihelo, usizi lozibulayo, izwi lendodakazi yaseSiyoni eheheza, ezelula izandla zayo, ithi: Maye kimina! Ngokuba umphefumulo wami uphele amandla ngababulali.

## UJeremiya 5

### Izono zeJerusalema

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Yehlani nenyuke ezitaladini zaseJerusalema, nibone nazi, nicinge
ezigcawini, uma ningafumana umuntu, uma kukhona owenza ukwahlulela,
ofuna iqiniso; bese ngilithethelela.

2Noma bethi: Kuphila kukaJehova, nokho bafunga amanga.

3 Jehova, amehlo akho awaseqinisweni na? Ubashayile, kepha abadabukanga;
ubaqedile, kepha balile ukwamukela ukulaywa; benza lukhuni ubuso babo
kunetshe, bala ukuphenduka.

4Ngase ngithi mina: Laba bayizimpofana nje, bayiziwula, ngokuba abayazi
indlela kaJehova, ukwahlulela kukaNkulunkulu wabo.

5 Sengiyakuya kwabakhulu, ngikhulume nabo, ngokuba bona bayayazi
indlela kaJehova nokwahlulela kukaNkulunkulu wabo; Kepha bona
babelaphulile ijoka kanyekanye, bazigqabulile izibopho.

6 Ngalokho ingonyama yasehlathini iyakubashaya, babhujiswe yimpisi
yasehlane, ingwe iyiqamekele imizi yabo, badatshulwe bonke abaphuma
kuyo, ngokuba iziphambeko zabo ziningi, nokuhlehla kwabo kwandile.

7 Ngingakuthethelela kanjani na? Abantwana bakho bangishiyile, bafunga
okungesibo onkulunkulu. Ngabafungisa, kepha baphinga, babuthana endlini
yezifebe.

8 Banjengamahhashi akhulupheleyo andindayo; yilowo nalowo uyiyizela
umfazi womakhelwane wakhe.

9 Angiyikubahambela ngalokho na? usho uJehova. Umphefumulo wami
awuyikuphindisa esizweni esinjengalesi na?

10 Khuphukelani ezingangeni zalo, nilichithe, ningaliqedi ngokupheleleyo
nokho; susani amagatsha alo, ngokuba awasiwo akaNkulunkulu.

11Ngokuba indlu ka-Israyeli nendlu kaJuda zingikhohlisile nokungikhohlisa,
usho uJehova.

12 Zimphikile uJehova, zathi: Hhayi yena! Okubi akuyikusehlela, asiyikubona
inkemba nendlala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Abaprofethi bayakuba ngumoya, akakho okhulumayo kubo; kuyakwenziwa
kanjalo kubo.

14Ngalokho usho kanje uJehova uNkulunkulu Sebawoti, uthi: Ngokuba
nikhuluma leli zwi, bhekani, ngiyakwenza amazwi ami abe ngumlilo
emlonyeni wakho, nalaba bantu babe yizinkuni, ubadle.

15 Bhekani, ngiyakwehlisela phezu kwenu isizwe esivela kude nina ndlu ka-
Israyeli, usho uJehova; yisizwe esinamandla, yisizwe esidala, yisizwe ongazi
ulimi lwaso, nongezwa lokhu abakukhulumayo.

16Isambo sabo sinjengethuna elivulekileyo, bangamaqhawe bonke.

17 Bayakudla okuvuniweyo kwakho nesinkwa sakho, badle amadodana akho
namadodakazi akho, badle izimvu zakho nezinkomo zakho, badle imivini
yakho nemikhiwane yakho, bachithe ngenkemba imizi yakho ebiyelweyo
othemba kuyo.

18 Kepha nangalezo zinsuku, usho uJehova, angiyikuniqeda ngokupheleleyo.

19 Kuyakuthi lapho nisho nithi: UJehova uNkulunkulu wenu wenzeleni kithi
konke lokhu na? usho kubo ukuthi: Njengalokho ningishiyile, nakhonza
onkulunkulu babezizwe ezweni lakini, kanjalo niyakukhonza abezizwe
ezweni elingesilo elenu.

20 Memezani lokhu endlini kaJakobe, nikuzwakalise kwaJuda ngokuthi:

21 Yizwani lokhu nina bantu eniyiziwula neningenakuqonda, eninamehlo,
ningaboni kodwa, eninezindlebe, ningezwa kodwa.

22 Aningesabi yini, usho uJehova, anithuthumeli phambi kwami, mina
engibeke isihlabathi sibe ngumkhawulo wolwandle, umncele ophakade
olungenakudlula kuwo, na? Noma lugubha, alunakuwahlula; noma luduma,
alunakudlula kuwo.

23Kepha laba bantu banenhliziyo eyambukileyo nehlubukileyo; bambuka,
bahamba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Futhi abasho ezinhliziyweni zabo ukuthi: Ake sesabe uJehova uNkulunkulu
wethu onika imvula eyokuqala neyamuva ngesikhathi sayo, asigcinele
amasonto anqunyiweyo akuvuna.

25Ububi benu buchezukisile lokhu, nezono zenu zinenqabele okuhle.

26 Ngokuba phakathi kwabantu bami kufunyanwa ababi, baqamekela
njengabacuphayo nabalinda izinyoni, babeke ugibe, babambe abantu.

27Njengendlwana yezinyoni igcwele zona, kanjalo izindlu zabo zigcwele
inkohliso; ngalokho bakhulile, bacebile.

28 Bakhuluphele, bayacwebezela; yebo, bayadlula ezintweni zobubi; abameli
ukulunga, abameli izintandane ukuba zihlahlamele, nemfanelo yabampofu
abayahluleli.

29Angiyikubahambela ngalokho na? usho uJehova. Umphefumulo wami
awuyikuphindisa esizweni esinjengalesi na?

30 Okumangalisayo nokwesabekayo kuyenziwa ezweni.

31 Abaprofethi baprofetha amanga, abapristi babusa eceleni kwabo; abantu
bami bayakuthanda kanjalo, kepha niyakwenze njani ekupheleni na?

## UJeremiya 6

### Ukubhujiswa kweJerusalema

1 Thuthani impahla eJerusalema nina bantwana bakwaBenjamini, nibethe
amacilongo eThekhowa, niphakamise insika yomusi eBeti Hakeremi, ngokuba
ububi bulunguza ngasenyakatho nokuchitha okukhulu.

2Indodakazi yaseSiyoni etotosiweyo nethambileyo ngiyakuyinquma.

3 Abelusi bayakufika kuyo benemihlambi yabo, bamise amatende abo
ngakuyo nxazonke, baluse, kube yilowo nalowo endaweni yakhe.

4 Zingcweliseleni ukulwa nayo; vukani, sikhuphuke emini. Maye kithina!
Ngokuba ilanga liyaphenduka, namathunzi okuhlwa aselulekile.

5Vukani, sikhuphuke ebusuku, sichithe izindlu zayo zamakhosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Gawulani imithi yayo, ninqwabele iduli ngakulo iJerusalema. Yiwo umuzi oyakuhanjelwa, ungukucindezela kuphela phakathi kwawo.

7 Njengomthombo umpompoza amanzi awo, kanjalo umpompoza ububi bawo; ubudlova nokubhubhisa kuzwakele phakathi kwawo; ukugula namanxeba kukhona phambi kwami njalo.

8 Mawuxwayiswe, Jerusalema, funa umphefumulo wami wahlukane nawe, funa ngikwenze incithakalo, izwe elingahlalwa.

9 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bayakuyikhothoza nokuyikhothoza insali yakwa-Israyeli njengomvini; buyisela isandla sakho emaqomeni njengobutha izithelo zomvini.

10 Ngiyakukhuluma kubani, ngifakaze ukuba bezwe, na? Bheka, izindlebe zabo azisokile, abanakulalela; bheka, izwi likaNkulunkulu seliyihlazo kubo, abathokozi ngalo.

11 Ngalokho ngigcwele ukufutheka kukaJehova, ngikhathele ukunyamezela. Kuthululele phezu kwabantwana ezitaladini, nasemihlanganweni yezinsizwa kanyekanye, ngokuba nendoda iyakuthathwa nomkayo, ogugileyo kanye nozinsuku zakhe zigcwele.

12 Izindlu zabo ziyakunikelwa kwabanye, amasimu abo nawomkabo kanyekanye, ngokuba ngiyakwelulela isandla sami kwabakhileyo ezweni, usho uJehova.

13 Ngokuba kusukela kwabancane babo kuya kwabakhulu babo bayaphanga impango bonke, nabaprofethi nabapristi bonke baqamba amanga.

14 Bapholisa kalula ukulimala kwabantu bami, bathi: Ngukuthula, ngukuthula, kepha akukho ukuthula.

15 Bayakuba namahloni, ngokuba benza izinengiso; nokho abanamahloni nakanye, abakhophozi; ngalokho bayakuwa phakathi kwabawayo; ngesikhathi sokubahambela kwami bayakukhubeka, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

16 Usho kanje uJehova, uthi: Yimani ezindleleni, nibone, nibuze imikhondo yasendulo ukuthi iphi indlela enhle, nihambe ngayo, niyakufumana ukuphumula kwemiphefumulo yenu; kepha bathi: Asiyikuhamba ngayo.

17 Ngase ngibeka abalindi phezu kwenu, ngithi: Qaphelani ukukhala kwecilongo, kepha bathi: Asiyikukuqaphela.

18Ngalokho zwanini nina zizwe, wazi wena bandla ukuthi yintoni ephakathi kwabo.

19Yizwa wena mhlaba ukuthi: Bheka, ngiyakwehlisela okubi phezu kwalaba bantu, izithelo zemicabango yabo, ngokuba abaqaphelanga amazwi ami, nomthetho wami bawulahlile.

20 Ifikelani kimi inhlaka evela eSheba, nomhlanga othaphukayo ovela ezweni elikude, na? Iminikelo yenu yokushiswa ayamukeleki, nemihlatshelo yenu ayimnandi kimi.

21Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakubekela laba bantu izikhubekiso, oyise namadodana bakhubeke kanyekanye kuzo, umakhelwane abhubhe kanye nomngane wakhe.

22 Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, kuvela abantu ezweni elisenyakatho; isizwe esikhulu siyakuvuswa ekugcineni komhlaba.

23Babamba umnsalo nomkhonto; banonya, abanamusa, izwi labo liduma njengolwandle, bakhwele amahhashi, behleliwe njengabantu abayakulwa, behlelelwe ukulwa nawe ndodakazi yaseSiyoni.

24 Sizwile imibiko yalokho: izandla zethu ziyadangala; usizi lusibambile, imihelo njengeyobelethayo.

25Ningaphumeli endle, ningahambi endleleni, ngokuba isitha sinenkemba, navalo nxazonke.

26 Ndodakazi yabantu bami, bhinca indwangu yamasaka, uhuquzele emlotheni, wenze isililo njengesendodana eyodwa, ukukhala okumunyu, ngokuba umphangi uyakusehlela masinyane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

27 Ngikubekile ukuba ube ngumhloli nenqaba phakathi kwabantu bami, wazi, uhlole indlela yabo.

28 Bahlubukile bonke nokuhlubuka, behamba behleba; bayithusi nensimbi, bangabachithi bonke.

29 Izifutho ziyafutha, kepha emlilweni kuphuma umthofu kuphela; impela bancibilikisela ize nje, ngokuba ababi abakhishwa.

30 Bayakuthiwa isiliva elilahlwayo, ngokuba uJehova ubalahlile.

## UJeremiya 7

### Ukungcoliswa kwethempeli

1 Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, lithi:

2 Yima esangweni lendlu kaJehova, umemeze lapho leli zwi, uthi: Zwanini izwi likaJehova nina nonke bakwaJuda eningena ngalawa masango ukukhuleka kuJehova.

3 Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Lungisani izindlela zenu nezenzo zenu, khona ngiyakunakhisa kule ndawo.

4 Ningethembi emazwini amanga, lapho kuthiwa: Nanti ithempeli likaJehova, ithempeli likaJehova, ithempeli likaJehova.

5 Ngokuba uma nizilungisa nokuzilungisa izindlela zenu nezenzo zenu, uma nenza ukwahlulela impela phakathi komuntu nomakhelwane wakhe,

6 uma ningacindezeli umfokazi, nentandane, nomfelokazi, ningachithi igazi elingenacala kule ndawo, futhi ningalandeli abanye onkulunkulu ukuba nilimale,

7 ngiyakunakhisa kule ndawo ezweni engalinika oyihlo kusukela endulo kuze kube phakade.

8 Bhekani, niyethemba emazwini amanga angenakusiza.

9 Niyakweba yini, nibulale, niphinge, nifunge amanga, nimshisele uBali impepho, nilandele abanye onkulunkulu eningabazanga,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 bese nifika nime ngaphambi kwami kule ndlu ebizwe ngegama lami, nithi:
Sophuliwe -- nize nenze zonke lezi zinengiso, na?

11 Le ndlu ebizwe ngegama lami isiphenduke umhume wabaphangi
emehlweni enu na? Bhekani, nami ngiyakubona, usho uJehova.

12 Kepha hambani niye endaweni yami eShilo, lapho ngalibeka khona igama
lami kuqala, nibone engakwenzayo kuyo ngenxa yobubi babantu bami u-
Israyeli.

13 Manje ngokuba niyenzile yonke le misebenzi, usho uJehova,
ningalalelanga, noma ngakhuluma njalonjalo, nganibiza, ningaphendulanga,

14 ngiyakwenza kule ndlu ebizwe ngegama lami nenithemba kuyo, nakule
ndawo enganinika yona nina nawoyihlo, njengalokho ngenza kulo iShilo.

15 Ngiyakunilahla ebusweni bami, njengalokho ngabalahla bonke abafowenu,
yonke inzalo yakwa-Efrayimi.

16 Wena-ke ungakhulekeli laba bantu, ungabaphakamiseli ukukhala
nomkhuleko, ungabanxuseli kimi, ngokuba angiyikuzwa.

17 Awuboni ukuthi benzani emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema
na?

18 Abantwana batheza izinkuni, oyise baphemba umlilo, abesifazane baxova
inhlama ukuba benzele inkosikazi yezulu amaqebelengwane, bathululele
abanye onkulunkulu umnikelo wokuphuzwa ukuba bangicunule.

19 Kepha yimi abangicunulayo yini, usho uJehova: akusibo, buze bujabhe
ubuso babo, na?

20 Ngalokho isho njalo iNkosi uNkulunkulu, ithi: Bheka, intukuthelo yami
nokufutheka kwami kuyakuthululwa kule ndawo phezu kwabantu, naphezu
kwezinkomo, naphezu kwemithi yasendle, naphezu kwezithelo zomhlaba,
kuvuthe kungacimi.

21 Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli: Thasiselani
iminikelo yenu yokushiswa emihlatshelweni yenu, nidle inyama.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

22Ngokuba angikhulumanga koyihlo, angibayalelanga ngezindaba zeminikelo
nemihlatshelo mhla ngibakhipha ezweni laseGibithe,

23 kepha ngabayala kuphela le nto yokuthi: Lalelani izwi lami, ngiyakuba
nguNkulunkulu wenu, nina nibe ngabantu bami, nihambe ngezindlela zonke
enganiyala ngazo ukuba kube kuhle kini.

24 Kepha abalalelanga, ababekanga izindlebe zabo, kepha bahamba
ngamacebo abo nangenkani yezinhliziyo zabo ezimbi; bahlehla, abayanga
phambili.

25 Kusukela osukwini oyihlo abaphuma ngalo ezweni laseGibithe kuze kube
namuhla ngithumile kini zonke izinceku zami abaprofethi, ngibathuma
imihla ngemihla njalonjalo.

26Nokho abangilalelanga, ababekanga izindlebe zabo, kepha benza lukhuni
izintamo zabo; benza kabi kunawoyise.

27 Uyakukhuluma onke lawo mazwi kubo, kepha abayikukulalela;
uyakubabiza, kepha abayikukuphendula.

28Uyakuthi kubo: Yilesi sizwe esingalilalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu
waso, singamukelanga ukulaywa; iqiniso libhubhile, linqunyiwe emlonyeni
waso.

29Gunda izinwele zakho, Jerusalema, uzilahle, wenze isililo emadulini
angenalutho, ngokuba uJehova usalile, wasilahla isizukulwane sentukuthelo
yakhe.

30 Ngokuba abantwana bakwaJuda benzile okubi emehlweni ami, usho
uJehova; bazibekile izinengiso zabo endlini ebizwe ngegama lami zokuba
bayingcolise.

31 Bakhile izindawo eziphakemeyo zaseThofeti ezisesigodini sendodana
kaHinomu ukuba bashise amadodana abo namadodakazi abo ngomlilo,
engingakuyalelanga nokungangenanga enhliziyweni yami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

32 Ngalokho bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, elingasayikubizwa ngazo
ngokuthi iThofeti nesigodi sendodana kaHinomu kepha isiGodi Sokubulala,
ngokuba bayakumbela eThofeti, lokhu ingekho enye indawo.

33 Izidumbu zalaba bantu ziyakuba ngukudla kwezinyoni zezulu
nokwezilwane zomhlaba; akakho oyakuzesabisa.

34 Ngiyakuthulisa emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema izwi
lokujabula nezwi lokuthokoza, izwi lomyeni nezwi lomakoti, ngokuba izwe
liyakuba yincithakalo.

## UJeremiya 8

1 Ngaleso sikhathi, usho uJehova, bayakuwakhipha amathambo amakhosi
akwaJuda, namathambo ezikhulu zakhe, namathambo abapristi namathambo
abaprofethi, namathambo abakhileyo eJerusalema emathuneni abo,

2 baweneke elangeni nasenyangeni nakulo lonke ibandla lasezulwini,
abakuthandile, bakukhonza, bakulandela, bakufuna, bakhuleka kukho;
awayikubuthwa, awayikumbelwa, ayakuba ngumquba ebusweni
bomhlabathi.

3 Ukufa kuyakukhethwa kunokuphila yinsali yonke esele kulowo mndeni
omubi, esele ezindaweni zonke, lapho ngiyixoshele khona, usho uJehova
Sebawoti.

### Izono nokwahlulela

4 Futhi uyakusho kubo, uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Abantu bayakuwa,
bangabuyi basukume, na? Umuntu uyaphambuka, angabuyi aphenduke, na?

5 Bahlehlelani laba bantu baseJerusalema ngokuhlehla njalonjalo na?
Babambelela enkohlisweni, bala ukubuya.

6 Ngaqaphela, ngezwa; abakhulumanga kahle; akakho ozisola ngobubi bakhe,
ethi: Ngenzeni na? Bonke baphendukela emisebenzini yabo njengamahhashi
aphulukundlela empini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Nonogolantethe emkhathini uyazazi izikhathi zakhe ezimisiweyo, ihobhe,
nenkonjane, nonohemu bagcina isikhathi sokufika kwabo, kepha abantu bami
abazazi izahlulelo zikaJehova.

8 Ningasho kanjani, nithi: Sihlakaniphile, umthetho kaJehova unathi, na?
Impela bheka, uthi lokuloba lwamanga lwababhali lusebenzile okwamanga.

9 Abahlakaniphileyo bayakujabha, besabe, babhajwe; bheka, balilahlile izwi
likaJehova, banokuhlakanipha kuni na?

10 Ngalokho abafazi babo ngiyakubanika abanye, namasimu abo
kwabayakuwadla, ngokuba kusukela kwabancane kuya kwabakhulu
bayaphanga impango bonke, nabaprofethi nabapristi bonke baqamba
amanga.

11 Bapholisa kalula ukulimala kwendodakazi yabantu bami, bathi:
Ngukuthula, ngukuthula; Kepha akukho ukuthula.

12 Bayakuba namahloni, ngokuba benza izinengiso; nokho abanamahloni
nakanye, abakhophozi; ngalokho bayakuwa phakathi kwabawayo,
ngesikhathi sokubahambela kwami bayakukhubeka, usho uJehova.

13 Bengiyakubutha nokubutha, usho uJehova, kepha azikho izithelo zomvini
emvinini, namakhiwane emkhiwaneni; namaqabunga abunile; engibanikile
khona kusukile kubo.

14 Sihlalelani na? Buthanani, singene emizini ebiyelweyo, sibhubhe khona,
ngokuba uJehova uNkulunkulu wethu usibhubhisile, wasiphuzisa amanzi
enyongo, ngokuba sonile kuJehova.

15 Silindela ukuthula, kepha okuhle akukho, nesikhathi sokuphulukiswa,
kepha bheka, luvalo.

16 Ukuthimula kwamahhashi akhe kuyezwakala kwaDani; ngezwi lokuyiyiza
kwanamandla akhe izwe lonke liyathuthumela, ngokuba afikile, alidlile izwe
nakho konke okukulo, umuzi nabakhe kuwo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Ngokuba ngiyathuma kini izinyoka nawomantshingeyana
abangenakulunjwa, bayakuniluma, usho uJehova.

18Alunakududuzeka kimi usizi oluphezu kwami, inhliziyo yami idangele.

19 Bheka, izwi lokukhala kwendodakazi yabantu bami livela ezweni elikude,
lithi: Akakho uJehova eSiyoni na? Ayikho inkosi yalo kulo na?
Bangicunuleleni ngezithombe zabo ezibaziweyo nangokuyize kwabezizwe na?

20 Ukuvuna kudlulile, ihlobo liphelile, kepha thina asisindiswanga.

21Ngokulimala kwendodakazi yabantu bami ngilimele; ngidabukile,
ukumangala kungibambile.

22 Ibhalisamu alikho kwaGileyadi na? Inyanga ayikho lapho na? Pho,
ayipheleliswa ngani impilo yendodakazi yabantu bami na?

## UJeremiya 9

1 Sengathi ikhanda lami nga lingamanzi, namehlo ami umthombo
wezinyembezi ukuba ngikhalele ababuleweyo bendodakazi yabantu bami
imini nobusuku.

2 Sengathi nga nginendawo yokulala kwezihambi ehlane ukuba ngishiye
abantu bami, ngisuke kubo, ngokuba bangabaphingi bonke, umhlangano
wabakhohlisi.

3 Bagobela umnsalo wolimi lwabo amanga, abaqinelanga iqiniso ezweni;
kepha basuka kokubi, baya kokubi; mina-ke abangazi, usho uJehova.

4 Yilowo nalowo makaxwaye umakhelwane wakhe, ningethembi
nakumfowenu, ngokuba abafowenu bonke bayaqinela, nabo bonke
abakhelwane bayahambahamba behleba.

5 Yilowo nalowo uyakhohlisa umakhelwane wakhe, abakhulumi iqiniso;
bazifundisile izilimi zabo ukukhuluma amanga, bazikhathaza ngokwenza
okubi.

6Uhlala phakathi kwenkohliso; ngenkohliso bayala ukungazi, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Ngalokho uJehova Sebawoti usho kanje, uthi: Ngiyakubancibilikisa, ngibavivinye, ngokuba ngingenze njani ngenxa yendodakazi yabantu bami na?

8 Ulimi lwabo lungumcibisholo obulalayo, lukhuluma inkohliso; bakhuluma kahle ngomlomo wabo kumakhelwane wabo, kepha ezinhliziyweni bayamqamekela.

9 Angiyikubahambela ngalokhu na? usho uJehova. Umphefumulo wami awuyikuphindisa esizweni esinjengalesi na?

10 Ngiyakuphakamisela izintaba ukukhala nokulila, namadlelo asehlane ukulilisela, ngokuba ashisiwe kungekho muntu odlula kuwo, kungezwakali ukukhonya kwezinkomo; izinyoni zezulu nezilwane zibalekile, zahamba.

11 Ngiyakulenza iJerusalema libe yizinqwaba nekhaya lamakhanka, ngenze imizi yakwaJuda incithakalo, lapho kungahlali muntu khona.

12 Ngubani umuntu ohlakaniphileyo ongakuqonda lokhu, okhulumile kuye umlomo kaJehova, akumemezele, na? Izwe lichithelweni, lasha njengehlane, kungekho odabulayo, na?

13 UJehova wathi: Ngokuba bewushiyile umthetho wami engawubeka phambi kwabo, bengalilalelanga izwi lami, bengahambanga ngalo,

14 kepha belandela inkani yezinhliziyo zabo nawoBali abakufundiswa ngoyise.

15 Ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakubanika laba bantu ukuba badle umhlonyane, baphuze amanzi enyongo.

16 Ngiyakubahlakazela ezizweni abangazazanga bona nawoyise, ngithume emva kwabo inkemba, ngize ngibaqede.

17 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Qaphelani, nibize abesifazane besililo ukuba bafike, nithumele kwabesifazane abahlakaniphileyo ukuba bafike,

18 basheshe basikhihlele isililo, ukuze amehlo ethu amululeke izinyembezi, nezinkophe zethu ziphophoze amanzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Ngokuba izwi lokukhala lizwakala livela eSiyoni, lithi: Yeka ukuphangwa kwethu! Sijabhile kakhulu, ngokuba silishiyile izwe, ngokuba badilizile izindlu zethu.

20 Yebo, zwanini izwi likaJehova nina besifazane, izindlebe zenu zilamukele izwi lomlomo wakhe, nifundise amadodakazi enu ukukhala, kube yilowo nalowo umakhelwane wakhe ukulila.

21 Ngokuba ukufa kwenyukele emafasiteleni ethu, kungene ezindlini zethu zamakhosi ukunquma abantwana ezitaladini, nezinsizwa ezigcawini.

22 Khuluma! Usho kanje uJehova, uthi: Izidumbu zabantu ziyakuwa njengomquba endle, nanjengesithonto emva komvuni, kungekho okubuthayo.

23 Usho kanje uJehova, uthi: Ohlakaniphileyo makangazibongi ngokuhlakanipha kwakhe, neqhawe malingazibongi ngobuqhawe balo, nocebileyo makangazibongi ngengcebo yakhe,

24 kepha ozibongayo makazibonge ngalokhu ukuthi uyangiqonda, angazi ukuthi nginguJehova owenza umusa nokwahlulela nokulunga emhlabeni, ngokuba ngiyathokoza ngokunjalo, usho uJehova.

25 Bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho ngiyakuhambela bonke abasokileyo ekungasokini kwabo,

26 iGibithe, noJuda, no-Edomi, nabantwana bakwa-Amoni, noMowabi, nabo bonke abadilingiwe emaceleni amakhanda abo abakhe ehlane, ngokuba zonke izizwe azisokile, nendlu yonke yakwa-Israyeli ayisokile enhliziyweni.

## UJeremiya 10

### Ubuze bokukhonza izithombe

1 Zwanini izwi uJehova alikhuluma kini nina ndlu ka-Israyeli.

2 Usho kanje uJehova, uthi: Ningayifundi indlela yabezizwe, ningashaywa luvalo ngezibonakaliso zasezulwini, ngokuba abezizwe bezesaba.

3 Ngokuba imikhuba yabantu iyize, lokhu kugawulwa umuthi ehlathini; ngumsebenzi wesandla sesisebenzi ngembazo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

4 Bawenza ube muhle ngesiliva nangegolide, bawubethela ngezipikili nangezando ukuba ungazamazami.

5 Ungumsebenzi okhandiweyo, awukhulumi; uyathwalwa nokuthwalwa, ngokuba awuhambi. Ungawesabi, ngokuba awenzi okubi, nokuhle awunakukwenza.

6 Akakho onjengawe Jehova; umkhulu, igama lakho likhulu ngobuqhawe.

7 Ngubani ongekwesabe, Nkosi yezizwe, ngokuba uyimfanelo yakho, ngokuba phakathi kwabo bonke abahlakaniphileyo bezizwe nakuyo yonke imibuso yabo akakho onjengawe.

8 Bayiziphukuphuku, bayiziwula bonke; ngukulaya kwezithombe; kungumuthi nje,

9 nezingcwecwe zesiliva ezilethwe zivela eTharishishi negolide lase-Ofiri, umsebenzi wesisebenzi nowezandla zomkhandi, kugqokiswe okuluhlaza nokububende, kungumsebenzi wabahlakaniphileyo konke.

10 Kepha uJehova unguNkulunkulu weqiniso, unguNkulunkulu ophilileyo neNkosi yaphakade; ngentukuthelo yakhe umhlaba uyazamazama, izizwe azinakuma ngokufutheka kwakhe.

11 Niyakusho kanje kubo, nithi: Onkulunkulu abangenzanga izulu nomhlaba, labo bayakubhubha emhlabeni nangaphansi kwezulu.

12 Wawenza umhlaba ngamandla akhe, walimisa izwe ngokuhlakanipha kwakhe, ngokuqonda kwakhe waleneka izulu.

13 Lapho elizwakalisa izwi lakhe, kungukuhlokoma kwamanzi ezulwini; uzikhuphula izinkungu emikhawulweni yomhlaba, enzele imvula unyazi, awukhiphe umoya endlini yengcebo.

14 Bonke abantu bayiziphukuphuku, abanakwazi; bonke abakhandi bajabhiswa nezithombe zabo ezibaziweyo, ngokuba izithombe zabo ezibunjiweyo zingamanga, nomoya awukho kuzo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Ziyize, umsebenzi wenkohliso; ngesikhathi sokuhanjelwa kwabo ziyakubhubha.

16 Oyisabelo sikaJakobe akanjengalezo, ngokuba nguye obumbile konke; u-Israyeli uyisizwe sefa lakhe, nguJehova Sebawoti igama lakhe.

### Ukumenyezelwa kokuthunjwa

17Qoqa umshuqulo wakho ezweni wena ohlezi ekuvinjezelweni.

18Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakubazwiba abakhileyo ezweni ngalo mzuzwana, ngibacindezele ukuze bakuzwe.

19 Maye kimina ngenxa yokulimala kwami! Ukushaywa kwami kunzima. Kepha ngithi mina: Nempela lokhu kulusizi lwami, ngiyakuluthwala.

20Itende lami lichithakele, zonke izintambo zami zigqabukile; abantwana bami basukile kimi, kabasekho; kasekho owokwelula itende lami nowokumisa izilenge zami.

21 Ngokuba abelusi bayiziphukuphuku, abamfunanga uJehova; ngalokho abaphumelelanga, nomhlambi wabo wonke uhlakazekile.

22 Bheka, kusondela izwi lombiko, nokuzamazama okukhulu okuvela ezweni lasenyakatho, ukuba kwenze imizi yakwaJuda ibe yincithakalo, indawo yokuhlala kwamakhanka.

23 Ngiyazi, Jehova, ukuthi indlela yomuntu ayikuye uqobo; akukuyo indoda ukuba ihambe, iqondise izinyathelo zayo.

24 Ngilaye, Jehova, kepha ngokwahlulela, kungabi ngentukuthelo yakho, funa ungenze into engelutho.

25 Thulula ukufutheka kwakho phezu kwabezizwe abangakwaziyo naphezu kwemindeni engalibizi igama lakho, ngokuba bamdlile uJakobe; yebo, bamdlile bamqeda, balichitha ikhaya lakhe.

## UJeremiya 11

### Amazwi esivumelwano

1Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, lithi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Zwanini amazwi alesi sivumelwano, nikhulume kubantu bakwaJuda nakwabakhileyo eJerusalema,

3 uthi kubo: Usho kanje uJehova, uNkulunkulu ka-Israyeli: Makaqalekiswe umuntu ongezwa amazwi alesi sivumelwano,

4 engayala ngawo oyihlo mhla ngibakhipha ezweni laseGibithe, isithando sensimbi, ngokuthi: Zwanini izwi lami, nilenze njengakho konke enginiyala ngakho, nibe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wenu,

5 ukuba ngisiqinise isifungo engasifunga koyihlo ukubanika izwe elichichima ubisi nezinyosi -- njenganamuhla. Ngase ngiphendula ngithi: Amen, Jehova.

6 Wayesethi uJehova kimi: Memeza onke lawa mazwi emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema, uthi: Zwanini amazwi alesi sivumelwano, niwenze.

7 Ngokuba ngibayalile nokubayala oyihlo osukwini engabakhuphula ngalo ezweni laseGibithe kuze kube namuhla, ngibayalile, ngathi: Yizwani izwi lami.

8 Kepha abalalela, ababekanga izindlebe zabo, kepha bahamba, kwaba yilowo nalowo ngobulukhuni benhliziyo yakhe embi; ngase ngehlisela phezu kwabo onke amazwi alesi sivumelwano engabayala ukuwenza, kepha kabawenzanga.

9 Wayesethi uJehova kimi: Kufunyenwe uzungu phakathi kwabantu bakwaJuda naphakathi kwabakhileyo eJerusalema.

10 Babuyele ebubini bawoyise bokuqala abala ukuzwa amazwi ami, balandela abanye onkulunkulu ukuba babakhonze: indlu ka-Israyeli nendlu kaJuda zisaphulile isivumelwano sami engasenza nawoyise.

11 Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakwehlisela okubi phezu kwabo abangayikuba nakuphuma kukho; bayakukhala kimi, kepha angiyikubezwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Imizi yakwaJuda nabakhileyo eJerusalema bayakukhala konkulunkulu
ababashisela impepho, kepha abayikubasindisa neze ngesikhathi
sokuhlupheka kwabo.

13 Ngokuba njengomumo wemizi yakho, banjalo onkulunkulu bakho, Juda,
nanjengomumo wezitaladi zaseJerusalema nimisele uBosheti ama-altare,
ama-altare okushisela uBali impepho.

14 Ngalokhu ungabakhulekeli laba bantu, ungabaphakamiseli ukukhala
nokuthandaza, ngokuba angiyikubezwa mhla bekhala kimi ngokuhlupheka
kwabo.

15 Othandiweyo wami unani endlini yami lapho enza amacebo nabaningi na?
Inyama engcwele ingavela kuwe, lokhu ujabula ngokwenza okubi, na?

16 UJehova wabiza igama lakho ngokuthi umnqumo oluhlaza obukekayo,
onezithelo ezinhle; ngomsindo wesidumo esikhulu uyakuphemba umlilo
kuwo, kwaphuke amagatsha awo.

17 UJehova Sebawoti owakutshala ukhulumile okubi phezu kwakho ngenxa
yokubi kwendlu yakwa-Israyeli nokwendlu yakwaJuda abakwenzile ukuba
bangicunule ngokushisela uBali impepho.

18 UJehova wangazisa, ngakwazi; khona wangibonisa izenzo zabo.

19 Kepha mina nganginjengewundlu eliyiswa ekuhlatshweni; ngangingazi
ukuthi bangicebela amacebo, bethi: Masiwuchithe umuthi kanye nezithelo
zawo, simnqume ezweni labaphilayo, igama lakhe lingabe lisakhunjulwa.

20 Jehova Sebawoti, mahluleli olungileyo, ovivinya izinso nenhliziyo,
mangibone ukuphindisela kwakho kubo, ngokuba ngibonakalisile indaba
yami kuwe.

21 Ngalokho usho kanje uJehova ngabantu base-Anathoti abafuna ukuphila
kwakho, bathi: Awuyikuprofetha ngegama likaJehova, ukuze ungafi
ngesandla sethu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bheka, ngiyakubahambela; izinsizwa ziyakufa ngenkemba; amadodana abo namadodakazi abo ayakufa ngendlala,

23nensali ayiyikuba khona kubo, ngokuba ngiyakubehlisela abantu base-Anathoti okubi ngomnyaka wokuhanjelwa kwabo.

## UJeremiya 12

1 Ulungile wena Jehova, noma ngimelana nawe; ngiyakukhuluma nawe ngokwahlulela: iphumelelani indlela yababi, kungani ukuba babe nokuthula abakhohlisa nokukhohlisa, na?

2 Ubatshalile, futhi bagxilile; bayakhula, bathela izithelo; useduze nomlomo wabo, kepha ukude nezinhliziyo zabo.

3 Kepha wena Jehova uyangazi, uyangibona, uvivinya inhliziyo yami ukuthi injani kuwe; bakhiphe njengezimvu zokuhlatshwa, ubalungisele usuku lokuhlatshwa.

4 Koze kube nini izwe lidabuka, nemifino yonke yasendle ibuna, na? Ngobubi babakhileyo khona izinkomo nezinyoni ziyabhubha, ngokuba bathi: Akayikubona ukugcina kwethu.

5 Uma ugijimile nemigundatshani, yakukhathaza, ungancintisana kanjani namahhashi na? Uma wethemba ezweni lokuthula kuphela, uyakwenze njani ekukhukhumaleni kweJordani na?

6 Ngokuba nabafowenu nendlu kayihlo nabo bakukhohlisile, nabo bamemeza kakhulu emva kwakho; ungabethembi, noma bekhuluma okuhle kuwe.

### Ukumenyezelwa kokubhujiswa

7 Ngiyishiyile indlu yami, ngililahlile ifa lami, nginikele othandiweyo womphefumulo wami esandleni sezitha zakhe.

8Ifa lami likimi njengengonyama ehlathini; lingiphumisele izwi; ngalokho ngiyalizonda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ifa lami liyinqe elimanakanaka kimi, amanqe angakulo alihaqile nxazonke; hambani, nibuthe zonke izilwane zasendle, nizilethe, zidle.

10 Abelusi abaningi basichithile isivini sami, basinyathele phansi isabelo sami, benze ifa lami elinxanelekayo ihlane elichithakeleyo.

11 Basenze incithakalo; siyincithakalo, sikhala kimi; izwe lonke lichithiwe, kepha akakho okubeka enhliziyweni.

12 Abaphangi bafikele onke amaduli angenalutho, ngokuba inkemba kaJehova iyadla, kusukela komunye umkhawulo womhlaba kuze kufike komunye, nenyama enokuthula ayikho.

13 Bahlwanyele ukolweni, bavuna ameva, bakhandlekile bengasizakalanga; yebo, niyakuba namahloni ngezithelo zenu ngenxa yokufutheka okuvuthayo kukaJehova.

14 Usho kanje uJehova ngabakhelwane bonke bami ababi, abalithinta ifa lami engabanika lona abantu bami u-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakubasiphula ezweni lakubo, ngiyisiphule indlu yakwaJuda phakathi kwabo.

15 Kepha kuyakuthi lapho ngibasiphulile, ngibuye ngibahawukele, ngibabuyisele, kube yilowo nalowo efeni lakhe, kube yilowo nalowo ezweni lakubo.

16 Kuyakuthi uma beyakuzifunda nokuzifunda izindlela zabantu bami ukuba bafunge igama lami ngokuthi: Kuphila kukaJehova, njengalokhu kade befundisa abantu bami ukufunga uBali, bakhiwe phakathi kwabantu bami.

17 Kepha uma bengalaleli, ngiyakusisiphula nokusisiphula lesi sizwe, ngisichithe, usho uJehova.

## UJeremiya 13

### Ibhande* lelineni

1 Usho kanje uJehova kimi, uthi: Hamba uzithengele ibhande lelineni, ulibeke ezinkalweni zakho, ungalingenisi emanzini.

2 Ngalithenga ibhande njengezwi likaJehova, ngalibeka ezinkalweni zami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Lase lifika izwi likaJehova ngokwesibili, lithi:

4 Thatha ibhande olithengileyo, elisezinkalweni zakho, uvuke uhambe, uye e-Ewufrathe, ulifihle emfantwini wesiwa.

5Ngase ngihamba, ngalifihla ngase-Ewufrathe njengokungiyala kukaJehova.

6Kwathi ngasekugcineni kwezinsuku eziningi uJehova wathi kimi: Suka uye e-Ewufrathe, ulilande khona ibhande engakuyala ngalo ukuba ulifihle khona.

7Ngaya e-Ewufrathe, ngemba, ngalilanda ibhande, lapho ngangilifihle khona; bheka, ibhande lalonakele, lalingasenamsebenzi.

8Lase lifika izwi likaJehova, lithi:

9 Usho kanje uJehova: Ngale ndlela ngiyakukuchitha ukuziqhenya kukaJuda nokuziphakamisa okukhulu kweJerusalema.

10Laba bantu ababi abala ukuzwa amazwi ami, abahamba ngobulukhuni bezinhliziyo zabo, balandela abanye onkulunkulu ukuba babakhonze, bakhuleke kubo, bayakuba njengaleli bhande elingasenamsebenzi.

11 Ngokuba njengalokhu ibhande linamathela okhalweni lomuntu, kanjalo ngiyinamathelisile kimi yonke indlu yakwa-Israyeli nayo yonke indlu yakwaJuda, usho uJehova, Ukuba babe ngabantu bami, negama, nodumo, nendumiso, kepha kabalalelanga.

**Izimvaba ezaphukileyo**

12 Uyakukhuluma kubo leli zwi lokuthi: Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Zonke izimvaba ziyagcwaliswa ngewayini. Bayakusho kuwe ukuthi: Impela asazi yini ukuthi zonke izimvaba zigcwaliswa ngewayini na?

13 Uyakusho kubo, uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakugcwalisa ngokudakwa bonke abakhileyo kuleli zwe, namakhosi ahlala esihlalweni sobukhosi sikaDavide, nabapristi, nabaprofethi, nabo bonke abakhileyo eJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Ngiyakubaphahlaza omunye komunye, oyise nabantwana ndawonye, usho uJehova; angiyikubahawukela, angiyikubasindisa, angiyikuba nasihe kubo sokuba ngingabachithi.

15Zwanini, nibeke indlebe; ningaziqhenyi, ngokuba uJehova ukhulumile.

16 Mnikeni uJehova uNkulunkulu wenu udumo, engakalihlwisi, futhi zingakakhubeki izinyawo zenu ezintabeni zokuhwelela, nothi nisabheka ukukhanya, akuphendule ithunzi lokufa, akwenze kube yisigayegaye.

17 Kepha uma ningalaleli, umphefumulo wami uyakukhala ngasese ngokuzidla kwenu; iso lami liyakukhala nokukhala, limululeka izinyembezi, ngokuba umhlambi kaJehova uthunjiwe.

18 Yisho kuyo inkosi nakuyo indlovukazi ukuthi: Hlalani phansi ngokuzithoba, ngokuba izigqoko zenu ziwile phansi, umqhele wodumo lwenu.

19Imizi yaseningizimu ivaliwe, akakho ovulayo; wonke uJuda uthunjiwe, uthunjiwe ngokupheleleyo.

20Phakamisani amehlo enu, nibone abavela enyakatho; uphi umhlambi owaphiwa wona, izimvu zakho ezinhle, na?

21 Uyakuthini lapho emisa phezu kwakho labo okade ubafundisile ukuba babe ngabangane bakho, babe yinhloko, na? Awuyikubanjwa lusizi njengowesifazane obelethayo na?

22 Uma uthi enhliziyweni yakho: Ngehlelelweni yilezi zinto na? Ngobukhulu bokona kwakho imiphetho yakho iphakanyisiwe, nezithende zakho ziyadlovulwa.

23UmKushe angasiguqula isikhumba sakhe, nengwe amabala ayo, na? Khona ningenza okuhle nina enifundisiwe ukwenza okubi.

24 Ngalokho ngiyakubasakaza njengamabibi adlula ngomoya wasehlane.

25Lokhu kungokwenkatho yakho, isabelo osilinganiselwe yimi, usho uJehova, ngokuba wangikhohlwa, wethemba emangeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26Ngiyakuphakamisa imiphetho yakho ebusweni bakho, kubonakale ihlazo lakho.

27 Ukuphinga kwakho nokuyiyiza kwakho, ukukhanuka kobufebe bakho nezinengiso zakho, ngikubonile emagqumeni asendle. Maye kuwe Jerusalema! Awuyikuhlambuluka koze kube nini na?

## UJeremiya 14

### Isiprofetho ngesigagadu

1Izwi likaJehova elafika kuJeremiya ngesigagadu.

2 UJuda uyalila, amasango akhe adangele, ahlezi emhlabathini edabukile, nokukhala kweJerusalema kwenyukile.

3Abakhulu babo bathuma abancane babo emanzini; bafika emigodini, kepha abafumani manzi, babuya, izitsha zabo zingenalutho; banamahloni, bajabhile, bamboza amakhanda abo.

4 Ngenxa yomhlabathi odabukileyo, ngokuba akubangakho mvula ezweni, abalimi banamahloni, bamboza amakhanda abo.

5 Yebo, nendluzele izalela endle, ilishiye izinyane, ngokuba utshani abukho.

6Izimbongolo zasendle ziyema emadulini angenalutho, zihogela umoya njengamakhanka; amehlo azo ayaphela, ngokuba kungekho tshani.

7Noma izono zethu zifakaza ngathi, sebenza, Jehova, ngenxa yegama lakho; ngokuba ukuhlehla kwethu kuningi, sonile kuwe.

8Themba lika-Israyeli, msindisi wakhe ngesikhathi sokuhlupheka, yini ukuba ube njengomfokazi ezweni nanjengesihambi esingenisayo ukuba silale ubusuku nje na?

9Yini ukuba ube ngumuntu odidekileyo, njengeqhawe elingenakusindisa, na? Nokho uphakathi kwethu, Jehova, sibiziwe ngegama lakho; ungasishiyi.

10 Usho kanje uJehova ngalaba bantu, uthi: Bathanda ukuzula kanjalo, abazibambi izinyawo zabo; uJehova akathokozi ngabo; manje uyakubukhumbula ububi babo, azihambele izono zabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 UJehova wathi kimi: Ungabakhulekeli laba bantu ukuba baphiwe okuhle.

12 Noma bezila ukudla, angiyikuzwa ukumemeza kwabo; noma benikela ngomnikelo wokushiswa nangowempuphu, angiyikuthokoza ngabo, kepha ngiyakubaqeda ngenkemba, nangendlala, nangesifo.

13 Ngase ngithi: E, Nkosi Jehova, bheka, abaprofethi bathi kubo: Aniyikubona inkemba, nendlala ayiyikunehlela, kepha ngiyakuninika ukuthula okuqinisileyo kule ndawo.

14 Wayesethi uJehova kimi: Abaprofethi baprofetha amanga egameni lami; angibathumanga, angibayalanga, angikhulumanga kubo; baprofetha imibono yamanga, nokubhula, nokuyize, nenkohliso yenhliziyo yabo.

15Ngalokho usho kanje uJehova ngabaprofethi abaprofetha ngegama lami, ngingabathumanga, bathi: Akuyikubakho inkemba nendlala kuleli zwe, uthi: Ngenkemba nangendlala bayakuphela laba baprofethi.

16Abantu abaprofetha kubo bayakuphonswa ezitaladini zaseJerusalema ngenxa yendlala nenkemba; abayikuba namuntu wokubembela, bona nawomkabo, namadodana abo, namadodakazi abo; ngiyakuthela okubi kwabo phezu kwabo.

17 Kepha uyakusho leli zwi kubo lokuthi: Amehlo ami mahlengezele izinyembezi imini nobusuku, zinganqamuki, ngokuba intombi, indodakazi yabantu bami, ilimele ngokulimala okukhulu, ngokushaywa okunzima kakhulu.

18Uma ngiphumela endle, bheka, nampo ababuleweyo ngenkemba, nalapho ngingena emzini, bheka, nampo abaphethwe yindlala, ngokuba umprofethi nompristi bahamba izwe bengazi lutho.

19 Umlahlile nokumlahla uJuda na? Umphefumulo wakho unengiwe yiSiyoni na? Usishayeleni, singabi nakuphulukiswa, na? Sihlalela ukuthula, kepha okuhle akukho; nesikhathi sokuphulukiswa, kepha luvalo.

20 Jehova, siyazi ububi bethu nokona kwawobaba, ngokuba sonile kuwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Ungasideleli ngenxa yegama lakho, ungaseyisi isihlalo sobukhosi sodumo lwakho; sikhumbule, ungasaphuli isivumelwano sakho nathi.

22 Kukhona yini phakathi kwawonkulunkulu babezizwe abayize onganisa imvula? Amazulu angaletha izihlambi na? Akusuwe Jehova esiyakukuhlalela na? Ngokuba wena wenzile konke lokhu.

**UJeremiya 15**

1 Wayesethi uJehova kimi: Noma bekumi phambi kwami oMose noSamuweli, inhliziyo yami ibingebe kulaba bantu; balahle ebusweni bami, baphume.

2 Kuyakuthi lapho bethi kuwe: Siyakuphuma siyephi na? usho kubo ukuthi: Usho kanje uJehova, uthi:  Abokufa, mabaye ekufeni, nabenkemba, enkembeni, nabendlala, endlaleni, nabokuthunjwa, ekuthunjweni.

3 Ngiyakubamisela izinhlobo ezine, usho uJehova: inkemba yokubulala, nezinja zokudonsa, nezinyoni zezulu nezilwane zomhlaba zokudla nezokuchitha.

4 Ngiyakubenza ukuba bahlupheke emibusweni yonke yomhlaba ngenxa kaManase indodana kaHezekiya, inkosi yakwaJuda, ngalokho akwenza eJerusalema.

5 Ngokuba ngubani oyakukuhawukela wena Jerusalema na? Ngubani oyakukukhalela? Ngubani oyakuphambukela ukubuza ngempilo yakho na?

6Wena ungishiyile, usho uJehova, wabuyela emuva; ngiselulele isandla sami kuwe, ngakuchitha; sengikhathele ukuhawukela.

7Ngibelile ngembenge emasangweni ezwe, ngabaphuca abantwana, ngachitha abantu bami; ababuyanga ezindleleni zabo.

8Abafelokazi babo bandile kimi kunesihlabathi solwandle, ngehlisele phezu kwawonina bezinsizwa umchithi emini, ngehlisele ukwesaba nengebhe phezu kwabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Owazala abayisikhombisa usedangele, waphuma umoya; ilanga lakhe lishonile kuse semini; ujabhile, wayangaza; insali yabo ngiyakuyinikela enkembeni ngaphambi kwezitha zabo, usho uJehova.

### Ukukhala kukaJeremiya

10 Maye kimina, mame, ukuthi ungizalile, ngibe ngumuntu wokuphikisana nokuxabana emhlabeni wonke! Angibizanga inzalo, futhi akubizwanga inzalo kimi, nokho bayangiqalekisa bonke.

11 Wathi uJehova: Ngiyakukukhulula kube kuhle; impela ngiyakwenza ukuba isitha sikunxuse ngesikhathi esibi nangesikhathi sokuhlupheka.

12 Umuntu angaphula insimbi yini, insimbi yasenyakatho, nethusi, na?

13 Ngiyakunikela imfuyo yakho nengcebo yakho kube yimpango kungengantengo, ngazo zonke izono zakho emikhawulweni yakho yonke.

14 Ngiyakwenza ukuba uzikhonze izitha zakho ezweni ongalaziyo, ngokuba kuphenjiwe umlilo olakeni lwami oyakuvutha kini.

15 Uyazi wena Jehova; ngikhumbule, ngihambele, ungiphindisele kwabangizingelayo; ungangisusi ngokubekezela kwakho; yazi ukuthi ngenxa yakho ngithwale ihlazo.

16 Amazwi akho afunyanwa, ngawadla; amazwi akho aba ngukujabula kimi nokuthokoza kwenhliziyo yami, ngokuba ngibizwa ngegama lakho, Jehova Nkulunkulu Sebawoti.

17 Angihlalanga emhlanganweni wabahlekayo, angithokozanga; ngahlala ngedwa ngenxa yesandla sakho, ngokuba ungigcwalisile ngokufutheka.

18 Yini ukuba ubuhlungu bami bube khona njalonjalo, nesilonda sami singapholiswa, sala ukuphulukiswa, na? Impela uyakuba ngamanzi aphuthayo kimi, amanzi angathembekile, na?

19 Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Uma ubuya, ngiyakukubuyisa, ume phambi kwami; uma ukhipha okuyigugu kokungamanyala, uyakuba ngumlomo wami; laba bayakubuyela kuwe, kepha wena awuyikubuyela kubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20] Ngiyakukwenza ukuba ube lugange lwethusi oluqinileyo kulaba bantu; bayakulwa nawe, kepha abayikukwahlula, ngokuba mina nginawe ukukusindisa nokukophula, usho uJehova.

[21] Ngiyakukophula esandleni sababi, ngikuhlenge esandleni sabacindezeli.

## UJeremiya 16

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Awuyikuzithathela umfazi, ungabi namadodana namadodakazi kule ndawo.

[3]Ngokuba usho kanje uJehova ngamadodana nangamadodakazi azalwa kule ndawo, nangawonina abawabelethayo, nangawoyise abawazalayo kuleli zwe, uthi:

[4] Bayakuba nokufa okwesabekayo, abayikulilelwa, abayikumbelwa; bayakuba ngumquba emhlabathini, baqedwe ngenkemba nangendlala, izidumbu zabo zibe ngukudla kwezinyoni zezulu nokwezilwane zasemhlabeni.

[5]Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Ungangeni endlini yesililo, ungayi ukulila, ungabakhaleli, ngokuba ngikususile ukuthula kwami kulaba bantu, usho uJehova, kanye nomusa nobumnene.

[6] Abakhulu nabancane bayakufela kuleli zwe, abayikumbelwa, abayikulilelwa; abantu abayikuzisika, abayikuziphucula ngenxa yabo;

[7] abayikubahlephulela isinkwa sokulila ukuba babaduduze ngabafileyo, bangabaphuzisi indebe yokududuza ngoyise nangonina.

[8] Awuyikungena endlini yedili ukuba uhlale nabo, udle, uphuze.

[9]Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakulenza ukuba liphele kule ndawo phambi kwamehlo enu nasezinsukwini zenu izwi lokujabula nezwi lokuthokoza, izwi lo myeni nezwi lomakoti.

[10] Kuyakuthi lapho ubatshela laba bantu onke lawa mazwi, basho kuwe ukuthi: UJehova ukhulumeleni phezu kwethu konke lokhu okubi na? Ububi bethu buyini? Yisiphi isono esone ngaso kuJehova uNkulunkulu wethu na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

11Usuyakusho kubo ukuthi: Ngenxa yokuba oyihlo bangishiyile, usho uJehova, balandela abanye onkulunkulu, babakhonza, bakhuleka kubo, bangishiya, abagcinanga umthetho wami,

12nani nenza okubi kunawoyihlo, ngokuba bhekani, niyalandela, kube yilowo nalowo inkani yenhliziyo yakhe embi, ningangilaleli,

13 ngalokho ngiyakunizwiba nisuke kuleli zwe, niye ezweni eningalaziyo, nina nawoyihlo; niyakukhonza khona abanye onkulunkulu imini nobusuku, ngokuba angiyikuniphatha ngesihe.

14 Ngalokho bheka, izinsuku ziyeza, lapho kungasayikuthiwa: Kuphila kukaJehova owabakhuphula abantwana bakwa-Israyeli ezweni laseGibithe,

15kepha: Kuphila kukaJehova owabakhuphula abantwana bakwa-Israyeli ezweni lasenyakatho nasemazweni onke lapho ebebaxoshele khona; kepha ngiyakubabuyisela ezweni lakubo engalinika oyise.

16 Bheka, ngiyakuthumela kubadobi abaningi, usho uJehova, babadobe; besengithumela kubazingeli abaningi, babazingele kuzo zonke izintaba, nakuwo onke amagquma, nakuyo imifantu yeziwa.

17Ngokuba amehlo ami akuzo zonke izindlela zabo; abasithele ebusweni bami, nobubi babo abufihlekile emehlweni ami.

18 Kuqala ngiyakuphindisela ngokuphindiweyo ububi babo nezono zabo, ngokuba balingcolisile izwe lami ngezidumbu zezinto zabo ezizondekayo, baligcwalisa ifa lami ngezinengiso zabo.

19 Jehova, mandla ami nenqaba yami, siphephelo sami ngosuku lokuhlupheka, bayakuza kuwe abezizwe, bevela emajukujukwini omhlaba, bathi: Obaba badlile ifa lamanga kuphela, okuyize, engekho kukho insizakalo.

20 Umuntu angazenzela onkulunkulu na? Labo abasibo onkulunkulu.

21 Ngalokho bheka, ngiyakubazisa, ngibazise ngalesi sikhathi isandla sami namandla ami, baze bazi ukuthi igama lami linguJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## UJeremiya 17

### Isono sakwaJuda

1 Isono sakwaJuda silotshiwe ngothi lwensimbi lokuloba; ngesihloko sedayimani siqoshiwe ezibhebheni zezinhliziyo zabo nasezimpondweni zama-altare enu,

2abantwana babo besakhumbula ama-altare abo nawo-Ashera babo ngasemithini eluhlaza emagqumeni aphakemeyo.

3Intaba yami yasendle, impahla yakho nengcebo yakho yonke ngiyakukunikela kube yimpango kanye nezindawo zakho eziphakemeyo ngenxa yezono emikhawulweni yakho yonke.

4Uyakuyeka ngokwakho ifa lakho engakunika lona, ngikwenze ukuba ukhonze izitha zakho ezweni ongalaziyo, ngokuba niphembile umlilo olakeni lwami oyakuvutha kuze kube phakade.

5 Usho kanje uJehova, uthi: Uqalekisiwe umuntu othemba kubantu, ayenze inyama ibe yingalo yakhe, nonhliziyo yakhe isuka kuJehova.

6 Uyakuba njengesihlahla esiyize ehlane, angaboni ukuthi kuyeza okuhle, uyakuhlala ezindaweni ezishileyo ehlane, ezweni likasawoti elingahlalwa muntu.

7 Ubusisiwe umuntu othemba kuJehova, nothemba lakhe linguJehova.

8 Ngokuba uyakuba njengomuthi otshalwe ngasemanzini, ozenabisa izimpande zawo ngasemfuleni, ongesabi lapho kufika ukushisa, amaqabunga awo abe luhlaza, angabi naluvalo ngomnyaka wesigagadu, anganqamuki ukuthela izithelo.

9Inhliziyo iyakhohlisa ngaphezu kwakho konke, futhi imbi; ngubani ongayazi na?

10 Mina Jehova ngivivinya inhliziyo, ngihlola izinso ukuba nginike, kube yilowo nalowo njengezindlela zakhe, njengezithelo zezenzo zakhe.

11Intendele efukamela ingazalanga, unjalo owenza ingcebo ngokungalungi; iyakumshiya phakathi nezinsuku zakhe, abe yisiwula ngasekugcineni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Indawo yendlu yethu engcwele iyisihlalo sobukhosi esinenkazimulo esiphakemeyo.

13 O, themba lika-Israyeli, Jehova, bonke abakushiyayo bayakujabha; abachezuka kimi bayakulotshwa emhlabathini, ngokuba bamshiyile uJehova, umthombo wamanzi aphilayo.

14 Ngiphulukise, Jehova, ngiphuluke; ngisindise, ngisindiswe, ngokuba uludumo lwami.

15 Bheka, bathi kimi: Liphi izwi likaJehova na? Malize phela.

16 Mina-ke angiyekanga ukwalusa ngokukulandela, futhi angilufisanga usuku olwesabekayo; wena uyazi; okwaphuma emlonyeni wami kwakuphambi kobuso bakho.

17 Ungabi luvalo kimi; uyisiphephelo sami ngosuku lobubi.

18 Mababe namahloni abangizingelayo, kepha mina mangingabi nawo; baphele amandla bona, mina ngingapheli wona kodwa; behlisele usuku lobubi, ubaphule ngokwaphula okuphindiweyo.

**Isabatha**

19 Usho kanje kimi uJehova, uthi: Hamba ume esangweni lamadodana abantu, angena ngalo amakhosi akwaJuda, aphuma ngalo futhi, nasemasangweni onke aseJerusalema,

20 uthi kuwo: Zwanini izwi likaJehova nina makhosi akwaJuda, noJuda wonke, nani nonke enakhileyo eJerusalema eningena ngalawa masango;

21 usho kanje uJehova, uthi: Xwayani ngenxa yemiphefumulo yenu ukuba ningathwali mthwalo ngosuku lwesabatha, ningawungenisi ngamasango aseJerusalema;

22 futhi ningakhiphi mthwalo ezindlini zenu ngosuku lwesabatha, ningasebenzi msebenzi, kepha lungcweliseni usuku lwesabatha njengokuyala kwami oyihlo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 nakuba bengalalelanga, bengabekanga izindlebe, kepha benza lukhuni intamo yabo, ukuze bangezwa, balaywe.

24 Kuyakuthi uma ningilalela nokungilalela, usho uJehova, ukuba ningangenisi mthwalo ngamasango alo muzi ngosuku lwesabatha, nilungcwelise usuku lwesabatha ukuze ningenzi ngalo umsebenzi,

25 kungene ngamasango alo muzi amakhosi nezikhulu abahlala esihlalweni sobukhosi sikaDavide bekhwele izinqola namahhashi, bona nezikhulu zabo, abantu bakwaJuda nabakhileyo eJerusalema, nalo muzi uyakuhlala kuze kube phakade.

26 Bayakufika bephuma emizini yakwaJuda, nasemaphandleni aseJerusalema, nasezweni lakwaBenjamini, nasehlanzeni, nasezintabeni, naseningizimu, beletha iminikelo yokushiswa, nemihlatshelo, neminikelo yempuphu, nenhlaka, befika neminikelo yokubonga endlini kaJehova.

27 Kepha uma ningalaleli ukuba nilungcwelise usuku lwesabatha, ningathwali mthwalo lapho ningena ngamasango aseJerusalema ngosuku lwesabatha, ngiyakuphemba umlilo emasangweni alo, uqede izindlu zamakhosi zaseJerusalema, ungacinywa.

## UJeremiya 18

### Umbumbi

1 Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, lithi:

2 Suka wehlele endlini yombumbi, ngikuzwise khona amazwi ami.

3 Ngehlela endlini yombumbi; bheka, wasebenza umsebenzi wakhe esondweni lokubumba.

4 Kepha isitsha asenza ngebumba sonakala esandleni sombumbi; wabuye wenza esinye isitsha njengokuhle emehlweni ombumbi ukuba asenze.

5 Lase lifika izwi likaJehova kimi, lithi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Bengingenze kinina ndlu ka-Israyeli njengalo mbumbi na? usho uJehova. Bhekani, njengebumba esandleni sombumbi, ninjalo esandleni sami nina ndlu ka-Israyeli.

7 Ngesikhathi esithile, lapho ngikhuluma ngesizwe nangombuso ukuwusiphula, nokuwudiliza, nokuwuchitha,

8 leso sizwe engikhulumile ngaso bese siphenduka ebubini baso, ngiyakubuya kukho okubi ebengicabanga ukukwenza kuso.

9 Ngesinye isikhathi ngikhuluma ngesizwe nangombuso ukuwakha nokuwutshala;

10 uma senza okubi emehlweni ami, singalilaleli izwi lami, ngiyakubuya kukho okuhle ebengisho ukuthi ngiyakusenzela khona.

11 Manje yisho kubantu bakwaJuda nakwabakhileyo eJerusalema, uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Bhekani, nginibumbela okubi, ngiceba icebo ngani; buyani, kube yilowo nalowo endleleni yakhe embi, nizenze izindlela zenu nezenzo zenu zibe zinhle.

12 Kepha bathi: Kuyize, ngokuba siyakulandela amacebo ethu, senze, kube yilowo nalowo ngenkani yenhliziyo yakhe embi.

13 Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Buzani phakathi kwabezizwe ukuthi ngubani owake wezwa okunjengalokho na? Intombi yakwa-Israyeli yenzile into eyesabekayo kakhulu.

14 Ungqoqwane waseLebanoni uyashiya yini amadwala asendle, namanzi aqandayo agobhoza kude ayakusha, na?

15 Ngokuba abantu bami bangikhohliwe, bashisela okuyize impepho, bakhubeka ezindleleni zabo, emendweni yasendulo ukuba bahambe ngemikhondo, ngezindlela ezingahlelwanga,

16 benze izwe labo libe yisimangaliso nento encimfelwayo njalo; bonke abadlula khona bayakumangala, banikine ikhanda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Njengomoya wasempumalanga ngiyakubahlakaza phambi kwezitha zabo, ngibabonise umhlane kungabi ngubuso ngosuku lwengozi yabo.

18 Base bethi: Wozani simcebele uJeremiya amacebo, ngokuba umthetho awuyikuphela kumpristi, nesu kohlakaniphileyo, nezwi kumprofethi, sihambe simshaye ngolimi, singaqapheli nelilodwa lamazwi akhe.

19 Nginake, Jehova, uzwe izwi labamelene nami.

20 Okuhle kuyakuphindiselwa ngokubi na? lokhu bembele umphefumulo wami umgodi. Khumbula ukuthi ngema phambi kobuso bakho ukukhuluma okuhle ngabo nokukubuyisa ukufutheka kwakho kubo.

21 Ngalokho nikela abantwana babo endlaleni, ubakhaphele osikweni lwenkemba, abafazi babo baphucwe abantwana, babe ngabafelokazi, amadoda abo abulawe ngukufa, izinsizwa zabo zishaywe ngenkemba empini.

22 Makuzwakale ukukhala ezindlini zabo, lapho ubehlisela impi ngokuzumayo, ngokuba bembile umgodi wokungibamba, bafihlela izinyawo zami izingibe.

23 Kepha wena Jehova uyawazi onke amasu abo okungibulala; ungathetheleli ububi babo, nezono zabo ungazesuli emehlweni akho, kepha mabakhubekiswe phambi kwakho, ubavukele ngesikhathi sentukuthelo yakho.

## UJeremiya 19

### Isitsha esaphukileyo

1 Washo kanje uJehova, wathi: Hamba uzithengele uphiso lwebumba lombumbi, uthathe amanye amalunga abantu namanye amalunga abapristi,

2 uphume, uye esigodini sendodana kaHinomu esingasesikhaleni seSango Lezindengezi, umemezele khona amazwi engiyakuwasho kuwe,

3 uthi: Zwanini izwi likaJehova nina makhosi akwaJuda nabakhileyo eJerusalema; usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bhekani, ngiyakwehlisela okubi phezu kwale ndawo, nabo bonke abakuzwayo, izindlebe zabo ziyakunkeneneza ngakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

[4]Ngokuba bangishiyile, benze le ndawo ukuba ibe ngeyabezizwe, bashisela abanye onkulunkulu impepho kuyo, abangabazanga, bona nawoyise namakhosi akwaJuda, bagcwalisa le ndawo ngegazi labangenacala,

[5] bakha izindawo eziphakemeyo zikaBali ukushisa amadodana abo ngomlilo, abe yiminikelo yokushiswa kuBali, engingakuyalanga, nengingakukhulumanga, nokungangenanga enhliziyweni yami,

[6]ngalokho bhekani, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho le ndawo ayisayikubizwa ngokuthi iThofeti noma isigodi sendodana kaHinomu kepha isiGodi Sokubulala.

[7] Ngiyakuchitha kule ndawo amasu akwaJuda naseJerusalema, ngibawise ngenkemba phambi kwezitha zabo, nangesandla sabafuna ukuphila kwabo, nginike izidumbu zabo zibe ngukudla kwezinyoni zezulu nokwezilwane zomhlaba.

[8] Ngiyakwenza lo muzi ukuba ube yisimangaliso nento encimfelwayo; bonke abadlula khona bayakumangala, bancimfe ngenxa yazo zonke izinhlupheko zawo.

[9] Ngiyakubadlisa inyama yamadodana abo neyamadodakazi abo, badle, kube yilowo nalowo inyama yomngane wakhe, ekuvinjezelweni nasekuxinekeni eziyakubaxina ngakho izitha zabo nabafuna ukuphila kwabo.

[10] Bese waphula uphiso phambi kwamadoda ahamba nawe,

[11] uthi kuwo: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ngiyakubulala kanjalo laba bantu nalo muzi njengokwaphulwa kwesitsha sombumbi esingasezukubuye sihlanganiswe; bayakumbela eThofeti, ngokuba akuyikubakho ndawo yokumbela.

[12]Ngiyakwenze njalo kule ndawo, usho uJehova, nakwabakhileyo kuyo, ngenze lo muzi ube njengeThofeti:

[13] izindlu zaseJerusalema nezindlu zamakhosi akwaJuda, ezoniweyo, ziyakuba njengeThofeti, yebo, zonke izindlu, abashisele ibandla lasezulwini

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

impepho phezu kwezimpahla zazo, bathululela abanye onkulunkulu iminikelo yokuphuzwa.

### UJeremiya usesitokisini*

14Wayesebuya uJeremiya eThofeti lapho uNkulunkulu ayemthume khona
ukuba aprofethe; wema agcekeni lendlu kaJehova, wathi kubantu bonke:

15 Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bhekani,
ngiyakwehlisela phezu kwalo muzi nemizana yawo konke okubi engikushilo
ngawo, ngokuba benze lukhuni intamo yabo, ukuze bangezwa amazwi ami.

## UJeremiya 20

1 UPhashuri indodana ka-Imeri umpristi owayengumbonisi omkhulu endlini
kaJehova wamuzwa uJeremiya eprofetha ngalezo zinto.

2UPhashuri wamshaya uJeremiya umprofethi, wamfaka esitokisini
esasingasesangweni lasenhla lakwaBenjamini elalingasendlini kaJehova.

3Kwathi ngakusasa uPhashuri wamkhipha uJeremiya esitokisini. UJeremiya
wayesethi kuye: UJehova akabizanga igama lakho ngokuthi uPhashuri kepha
uMagori Misabibi.

4Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakukwenza ukuba ube luvalo
kuwe uqobo nakubo bonke abangane bakho; bayakuwa ngenkemba yezitha
zabo, amehlo akho akubone; ngiyakunikela wonke uJuda esandleni senkosi
yaseBabele, ibathumbele eBabele, ibabulale ngenkemba.

5 Futhi ngiyakunikela yonke imfuyo yalo muzi, nayo yonke imisebenzi yawo,
nakho konke kwawo okuyigugu, yebo, yonke ingcebo yamakhosi akwaJuda
esandleni sezitha zabo, ziyiphange, ziyithathe, ziyiyise eBabele.

6Nawe Phashuri nabo bonke abahlala endlini yakho niyakuthunjwa;
uyakufika eBabele, kepha uyakufela khona, umbelwe khona, wena nabo
bonke abangane bakho oprofethe kubo amanga.

### Ukukhala kukaJeremiya

7 Wangiyenga, Jehova, ngayengeka; wawunamandla kunami, wangahlula.
Ngibe yinhlekiso usuku lonke, bonke bangiklolodela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Njalo lapho ngikhuluma, ngiyakhala, ngimemeza ngobudlova nokubhubhisa, lokhu izwi likaNkulunkulu lenziwa ihlazo nenhlekiso kimi usuku lonke.

9Lapho ngithi: Angisayikumkhumbula, ngingasakhulumi egameni lakhe, kusenhliziyweni yami njengomlilo oshisayo, uvalelwe emathanjeni ami; ngikhathele ukubekezela, angikwazi.

10 Ngizwile ukuhleba kwabaningi: Luvalo nxazonke. Mmangalele! Masimmangalele! Bonke abangane bami bayalinda ukuwa kwami. Mhlawumbe angayengwa, simahlule, siziphindisele kuye.

11 Kepha uJehova unami njengeqhawe elesabisayo; ngalokho abangizingelayo bayakukhubeka, bangangahluli; bayakuba namahloni kakhulu, ngokuba abenzanga ngokuhlakanipha, nehlazo labo eliphakade aliyikukhohlakala.

12 Kepha, Jehova Sebawoti, ovivinya olungileyo, obona izinso nenhliziyo, mangibone ukuphindisela kwakho kubo, ngokuba ngikwambulele indaba yami.

13Hlabelelani kuJehova, nimdumise uJehova, ngokuba wophula umphefumulo wompofu esandleni sababi.

14 Maluqalekiswe usuku engazalwa ngalo; usuku umame angizala ngalo malungabusiswa.

15Makaqalekiswe umuntu owabika kubaba, ethi: Uzalelwe umntwana wesilisa, emthokozisa nokumthokozisa.

16 Lowo muntu makabe njengemizi uJehova ayigumbuqela engazisoli, ezwe ukukhala ekuseni nokumemeza ngesikhathi sasemini,

17ngokuba akangibulalanga esiswini, umame waze waba yithuna lami, nesisu sakhe saba sikhulelwe njalo.

18Ngaphumelani esiswini ukuba ngibone umshikashika nosizi, ukuze izinsuku zami ziphele ngamahloni na?

## UJeremiya 21

### Ukuxwayiswa kwenkosi uSedekiya

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1Izwi elafika kuJeremiya, livela kuJehova, ekuthumeni kwenkosi uSedekiya
uPhashuri indodana kaMalikhiya noZefaniya indodana kaMahaseya, umpristi,
kuye ethi:

2 Ake usibuzele kuJehova, ngokuba uNebukadinesari inkosi yaseBabele
usihlasele; mhlawumbe uJehova angenza kithi njengazo zonke izimangaliso
zakhe ukuba akhuphuke, asuke kithi.

3UJeremiya wathi kubo: Niyakusho kanje kuSedekiya, nithi:

4Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakubuyisa
izikhali zokulwa ezisezandleni zenu, enilwa ngazo nenkosi yaseBabele
namaKaledi anivimbezelayo ngaphandle kogange, ngizibuthe phakathi nalo
muzi.

5Mina ngiyakulwa nani ngesandla eseluliweyo, nangengalo enamandla,
nangentukuthelo, nangokufutheka, nangolaka olukhulu.

6Ngiyakubashaya abakhileyo kulo muzi, abantu nezilwane; bayakufa ngesifo
esikhulu.

7Ngasemuva, usho uJehova, ngiyakunikela uSedekiya inkosi yakwaJuda,
nezinceku zakhe, nabantu abasele kulo muzi esifweni, nasenkembeni,
nasendlaleni, nasesandleni sikaNebukadinesari inkosi yaseBabele,
nasesandleni sezitha zabo, nasesandleni sabafuna ukuphila kwabo, abashaye
ngosiko lwenkemba, angabasindisi, angabahawukeli, angabi namusa kubo.

8 Uyakusho kulaba bantu, uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngibeka
phambi kwakho indlela yokuphila nendlela yokufa.

9 Osala kulo muzi uyakufa ngenkemba, nangendlala, nangesifo, kepha
ophumayo, aye kumaKaledi anivimbezelayo, uyakuphila, ukuphila kwakhe
kube yimpango yakhe.

10Ngokuba ngibhekise ubuso bami kulo muzi kube kubi, kungabi kuhle, usho
uJehova; uyakunikelwa esandleni senkosi yaseBabele, iwushise ngomlilo.

11 Yisho endlini yenkosi yakwaJuda, uthi: Zwanini izwi likaJehova lokuthi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 O, ndlu kaDavide, usho kanje uJehova, uthi: Yenzani izahlulelo ekuseni, nophule ophangiweyo esandleni somcindezeli, funa ukufutheka kwami kuphume njengomlilo, kushise, kuze kungabikho owucimayo ngenxa yobubi bezenzo zenu.

13 Bheka, ngimelene nawe, wena owakhileyo esigodini, wena litshe lasethafeni, usho uJehova, nina enithi: Ngubani oyakusehlela, ngubani oyakungena ezindlini zethu, na?

14 Ngiyakunihambela njengezithelo zezenzo zenu, usho uJehova, ngiphembe umlilo ehlathini labo, uqede konke okungakhona.

## UJeremiya 22

### Iziprofetho ngamakhosi akwaJuda

1Usho kanje uJehova, uthi: Yehlela endlini yenkosi yakwaJuda, ukhulume khona leli zwi,

2 uthi: Yizwa izwi likaJehova, nkosi yakwaJuda, ohlezi esihlalweni sobukhosi sikaDavide, wena nezinceku zakho nabantu bakho abangena ngalawa masango.

3 Usho kanje uJehova, uthi: Yenzani izahlulelo nokulunga, nophule ophangiweyo esandleni somcindezeli, ningoni, ningadluzuli abafokazi, nezintandane, nabafelokazi, ningachithi igazi elingenacala kule ndawo.

4 Ngokuba uma nenza lokhu impela, kuyakungena ngamasango ale ndlu amakhosi ahlezi esihlalweni sobukhosi sikaDavide, ekhwele izinqola namahhashi, wona nezinceku zawo nabantu bawo.

5Kepha uma ningalaleli lawa mazwi, ngiyazifunga, usho uJehova, ukuthi le ndlu iyakuba yincithakalo.

6Ngokuba usho kanje uJehova ngendlu yenkosi yakwaJuda, uthi: UyiGileyadi kimi, nekhanda laseLebanoni; impela ngiyakukwenza ube yihlane nemizi engahlalwa muntu.

7Ngiyakukulungisela abachithi, yilowo nalowo abe nezikhali zakhe, bagawule imisedari yakho ekhethekileyo, bayiphonse emlilweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Izizwe ezininingi ziyakudlula kulo muzi, zisho, kube yileso naleso kwesinye, ukuthi: UJehova wenzeleni okunje kulo muzi omkhulu na?

9Bayakuthi: Ngokuba basishiya isivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wabo, bakhuleka kwabanye onkulunkulu, babakhonza.

10Ningakhaleli ofileyo, ningamlileli, kepha nimkhalele nokumkhalela omukayo, ngokuba akasayikubuya, kasayikubona izwe lokuzalwa kwakhe.

11 Ngokuba usho kanje uJehova ngoShalumi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, owaba yinkosi esikhundleni sikaJosiya uyise, waphuma kule ndawo, ukuthi: Akasayikubuyela lapha,

12kepha uyakufela kuleyo ndawo lapho bemthumbele khona; naleli zwe kasayikulibona.

13 Wo koyakha indlu yakhe ngokungalungi, namakamelo akhe ngokungafanele, osebenzisa umakhelwane wakhe engamholeli, angamniki lutho ngomsebenzi wakhe,

14othi: Ngiyakuzakhela indlu enkulu namakamelo abanzi, ayibhobozele amafasitele, bese yembeswa ngemisedari, ibhecwe ngebomvu!

15 Uyinkosi ngokuba ushisekela imisedari na? Angithi uyihlo wadla, waphuza, wenza ukwahlulela nokulunga, kwaba kuhle kuye, na?

16Wahlulela abaswelayo nabampofu, kwaba kuhle; angithi lokhu kungukungazi mina na? usho uJehova.

17 Amehlo akho nenhliziyo yakho kusekuphangeni kuphela, nasekuchitheni igazi elingenacala, nasekucindezeleni, nasekudloveni ukuba ukwenze.

18Ngalokho usho kanje uJehova ngoJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, uthi: Abayikumkhalela ngokuthi: Hhawu, mfowethu, noma, hhawu, dadewethu! futhi bangamkhaleli ngokuthi: Hhawu, nkosi, noma, hhawu, bukhosi bakhe!

19 Uyakumbelwa ngokumbelwa kwembongolo, ahudulwe alahlwe ngale kwamasango aseJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Khuphukela eLebanoni, ukhale; phakamisa izwi lakho eBashani, ukhale use-Abarimi, ngokuba zonke izithandwa zakho zibulewe.

21Ngakhuluma kuwe usenenhlanhla, kepha wathi: Angizwa. Lokhu kuyindlela yakho kwasebusheni bakho ukuthi awulizwa izwi lami.

22Umoya uyakubalusa bonke abelusi bakho, nezithandwa zakho ziyakuthunjwa; impela uyakuba namahloni, ujabhe ngabo bonke ububi bakho.

23Wena ohlala eLebanoni, owakha isidleke sakho kuyo imisedari, uyakuhawukelwa kangakanani ngokufikelwa kwakho yimihelo, imihelo enjengeyobelethayo!

24 Kuphila kwami, usho uJehova, noma uKhoniya indodana kaJehoyakimi, inkosi yakwaJuda, ebe yindandatho esandleni sami sokunene, nokho bengiyakukuhluthula khona,

25 ngikunikele esandleni sabafuna ukuphila kwakho nasesandleni salabo obesabayo, ngithi esandleni sikaNebukadinesari, inkosi yaseBabele, nasesandleni samaKaledi.

26Ngiyakukuzwibela kwelinye izwe, wena nonyoko owakuzalayo, lapho ningazalelwanga khona; niyakufela khona.

27Kepha abayikubuyela ezweni abalangazelela ukubuyela kulo.

28Lo muntu uKhoniya uyisitsha esidelelweyo nesaphukileyo na? Uyindebe okungekho kuyo intokozo na? Uzwitshelweni yena nenzalo yakhe, balahlelwa ezweni abangalaziyo, na?

29Lizwe, lizwe, lizwe, yizwa izwi likaJehova.

30Usho kanje uJehova, uthi: Lobani lo muntu ukuthi akanamntwana, umuntu ongayikuba nampumelelo ezinsukwini zakhe, ngokuba umuntu ohlezi esihlalweni sobukhosi sikaDavide akayikuba nampumelelo yokuba abe esabusa kwaJuda.

**UJeremiya 23**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## Ukufika kwenkosi elungileyo

1 Wo kubo abelusi abachitha, bazihlakaze izimvu zedlelo lami! usho uJehova.

2Ngalokho usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngabelusi abelusa abantu bami, uthi: Nihlakazile izimvu zami, nazixosha, anizihambelanga. Bhekani, ngiyakuhambela ububi bezenzo zenu kini, usho uJehova.

3 Ngiyakubutha insali yezimvu zami emazweni onke, lapho ngiyixoshele khona, ngiyibuyisele ezibayeni zayo; iyakuchuma, yande.

4 Ngiyakumisa phezu kwayo abelusi abayakuyalusa; ayisayikwesaba, ayiyikuphela amandla, ayisayikujeziswa, usho uJehova.

5 Bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho ngiyakumisela uDavide iHlumela elilungileyo; liyakubusa njengenkosi, libe nokuhlakanipha, lenze ukwahlulela nokulunga ezweni.

6 Ezinsukwini zalo uJuda uyakusindiswa, u-Israyeli ahlale elondekile; nanti igama eliyakubizwa ngalo lokuthi: UJEHOVA UNGUKULUNGA KWETHU.

7 Ngalokho bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, abangasayikusho ngazo ukuthi: Kuphila kukaJehova owabakhuphula abantwana bakwa-Israyeli ezweni laseGibithe,

8kepha ukuthi: Kuphila kukaJehova owayikhuphula, wayihola inzalo yendlu ka-Israyeli ezweni lasenyakatho nasemazweni onke lapho ngangibaxoshele khona. Iyakwakha ezweni lakubo.

## Abaprofethi bamanga

9Ngabaprofethi. Inhliziyo yami yaphukile phakathi kwami, amathambo onke ami ayathuthumela; nginjengomuntu odakiweyo, njengomuntu owahlulwe yiwayini ngenxa kaJehova nangenxa yamazwi akhe angcwele.

10 Ngokuba izwe ligcwele iziphingi; izwe liyadabuka ngenxa yesiqalekiso; amadlelo asehlane omile. Ukuhamba kwabo kubi, namandla abo awalungile.

11 Ngokuba nabaprofethi nabapristi abanaNkulunkulu; nasendlini ngifumene okubi kwabo, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngalokho indlela yabo iyakuba yizindawo ezibushelelezi; bayakusunduzwa
ebumnyameni, bawe kubo, ngokuba ngiyakubehlisela okubi ngomnyaka
wokuhanjelwa kwabo, usho uJehova.

13 Kubaprofethi baseSamariya ngibonile ubuwula: baprofetha ngoBali,
bedukisa abantu bami u-Israyeli.

14 Nakubaprofethi baseJerusalema ngibonile okwesabekayo: bayaphinga,
bahamba ngamanga, baqinisa izandla zababi, ukuze kungabuyi muntu
ebubini bakhe; bonke banjengeSodoma kimi, nabakhileyo kulo
banjengeGomora.

15 Ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti ngabaprofethi, uthi: Bheka,
ngiyakubanika ukuba badle umhlonyane, baphuze amanzi enyongo, ngokuba
ukungabi naNkulunkulu kuphume kubaprofethi, kwaya ezweni lonke.

16 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ningawalaleli amazwi abaprofethi
abaprofetha kini; banifundisa okuyize, bakhuluma umbono wenhliziyo yabo,
kungengokuvela emlonyeni kaJehova.

17 Bazinge bethi kwabangidelelayo: UJehova ukhulumile uthi: Niyakuba
nokuthula. Kubo bonke abahamba ngenkani yenhliziyo yabo bathi:
Aniyikwehlelwa ngokubi.

18 Ngokuba ngubani owake wema emkhandlwini kaJehova ukuba abone,
ezwe izwi lakhe na? Ngubani oqaphele izwi lakhe, walizwa, na?

19 Bheka, isivunguvungu sikaJehova esinokufutheka siphumile;
isivunguvungu esiyisikhwishikhwishi sehlele phezu kwamakhanda ababi.

20 Intukuthelo kaJehova ayiyikubuya aze enze, aze afeze umgomo wenhliziyo
yakhe; ezinsukwini ezizayo niyakukuqonda nokukuqonda.

21 Mina angibathumanga abaprofethi, nokho bagijima; bengingakhulumile
kubo, nokho baprofetha.

22 Uma bebemi emkhandlwini wami, nga bezwisile abantu bami amazwi ami,
bababuyise endleleni yabo embi, nasebubini bezenzo zabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Ngingu Nkulunkulu eduze yini, usho uJehova, ngingesiye uNkulunkulu
kude na?

24 Ukhona ongacasha ezindaweni ezisithekileyo ukuze ngingamboni na? usho
uJehova. Angithi ngiyagcwalisa izulu nomhlaba na? usho uJehova.

25 Ngizwile ukuthi bathini abaprofethi abaprofetha amanga egameni lami,
bethi: Ngiphuphile, ngiphuphile.

26 Lokhu koze kube nini ezinhliziyweni zabaprofethi abaprofetha amanga,
bengabaprofethi benkohliso yenhliziyo yabo,

27 abacabanga ukwenza ukuba abantu bami bakhohlwe igama lami
ngamaphupho abo abawalandisa, kube yilowo nalowo kumakhelwane wakhe,
njengalokho oyise bakhohlwa igama lami ngenxa kaBali, na?

28 Umprofethi onephupho makalilandise iphupho, kepha onezwi lami
makalikhulume izwi lami ngeqiniso. Amakhoba ayini kukolweni na? usho
uJehova.

29 Izwi lami alinjengomlilo yini, usho uJehova, nanjengesando esaphula itshe
na?

30 Ngalokho bheka, ngimelene nabaprofethi, usho uJehova, abeba amazwi
ami, kube yilowo nalowo kumakhelwane wakhe.

31 Bheka, ngimelene nabaprofethi, usho uJehova, abasebenzisa izilimi zabo,
bathi: Uthi yena.

32 Bheka, ngimelene nabaprofetha amaphupho amanga, usho uJehova,
bawalandise, badukise abantu bami ngamanga abo nangokuwawaza kwabo;
mina-ke angibathumanga nokho, angibayalanga, futhi abasizanga laba bantu,
usho uJehova.

33 Nxa laba bantu, noma umprofethi, noma umpristi, bekubuza bethi: Iyini
indaba kaJehova? uyakubatshela ukuthi: Yinina eniyindaba, nokuthi:
Ngiyakunilahla, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34Nomprofethi-ke, nompristi, nabantu abayakusho ukuthi: Indaba kaJehova, ngiyakuhambela lowo muntu nendlu yakhe.

35Niyakusho kanje, kube yilowo nalowo kumakhelwane wakhe, kube yilowo nalowo kumfowabo, nithi: UJehova uphendule wathini? nokuthi: UJehova ukhulumeni?

36Indaba kaJehova anisayikuyikhumbula, ngokuba izwi lalowo nalowo muntu liyakuba yindaba yakhe, lokhu niwahlanekezele amazwi kaNkulunkulu ophilayo, uJehova Sebawoti, uNkulunkulu wethu.

37Uyakusho kanje kumprofethi, uthi: UJehova ukuphendule wathini? nokuthi: UJehova ukhulumeni?

38Kepha uma nithi: Indaba kaJehova, khona uJehova usho kanje, uthi: Ngenxa yokuba nithi leli zwi lokuthi indaba kaJehova, noma mina ngathumela kini, ngathi: Aniyikuthi: Indaba kaJehova,

39ngalokho ngiyakuniphakamisa nokuniphakamisa, nginilahle ebusweni bami, nina nomuzi enganinika wona, nina nawoyihlo,

40 nginehlisele ihlazo eliphakade namahloni emiyo njalo okungayikukhohlakala.

## UJeremiya 24

### Amaqoma amabili amakhiwane

1 UJehova wangibonisa amaqoma amabili amakhiwane ebekwe phambi kwethempeli likaJehova, uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, esethumbile uJekoniya indodana kaJehoyakimi, inkosi yakwaJuda, nezikhulu zakwaJuda, nezinyanga zomsebenzi, nabakhandi, wabasusa eJerusalema, wabayisa eBabele.

2Elinye iqoma lalinamakhiwane amahle kakhulu, enjengamakhiwane ayingqalabutho; elinye iqoma lalinamakhiwane amabi kakhulu, engenakudliwa ngobubi bawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Wayesethi uJehova kimi: Ubonani, Jeremiya, na? Ngathi: Amakhiwane; amahle, ngamahle kakhulu, namabi ngamabi kakhulu, enganakudliwa ngobubi bawo.

4Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

5 Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Njengalawa makhiwane amahle ngiyakubheka kanjalo abathunjiweyo bakwaJuda, engibamukisile kule ndawo baya ezweni lamaKaledi, kube kuhle.

6 Ngiyakuwabhekisa amehlo ami kubo, kube kuhle, ngibabuyisele kuleli zwe, ngibakhe ngingabadilizi, ngibatshale ngingabasiphuli.

7 Ngiyakubanika inhliziyo yokungazi ukuthi ngiinguJehova; bayakuba ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo, ngokuba bayakubuyela kimi ngenhliziyo yabo yonke.

8 Kepha njengamakhiwane amabi engenakudliwa ngobubi bawo, impela kanjalo, usho kanje uJehova, ngiyakwenza kuSedekiya inkosi yakwaJuda, nasezikhulwini zakhe, nakuyo insali yaseJerusalema, abasele kuleli zwe nabakhile ezweni laseGibithe.

9 Ngiyakubenza babe yingebhe nokubi emibusweni yonke yomhlaba, babe yihlazo nesaga, isifenqo nesiqalekiso ezindaweni zonke engiyakubaxoshela kuzo.

10Ngiyakuthuma kubo inkemba, nendlala, nesifo, baze baphele ezweni engalinika bona nawoyise.

## UJeremiya 25

### Isiprofetho ngokunqoba kukaNebukadinesari

1 Izwi elafika kuJeremiya ngabantu bonke bakwaJuda ngomnyaka wesine kaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, ongumnyaka wokuqala kaNebukadinesari, inkosi yaseBabele,

2alikhulumayo uJeremiya umprofethi kubo bonke abantu bakwaJuda nakubo bonke abakhileyo eJerusalema, ethi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

3 Kusukela emnyakeni weshumi nantathu kaJosiya indodana ka-Amoni, inkosi yakwaJuda, kuze kube namuhla, le minyaka engamashumi amabili nantathu izwi likaJehova lifikile kimi, ngalikhuluma, ngilisho kini njalonjalo, kepha kanilalelanga.

4 UJehova uthumile kini zonke izinceku zakhe abaprofethi, ebathuma njalonjalo, kepha anilalelanga, anibekanga indlebe ukuba nizwe

5 lapho kwathiwa: Ake nibuye, kube yilowo nalowo endleleni yakhe embi, nasebubini bezenzo zenu, nihlale ezweni uJehova alinike nina nawoyihlo, kusukela phakade kuze kube phakade,

6 ningalandeli abanye onkulunkulu ukuba nibakhonze, nikhuleke kubo, ningangicunuli ngemisebenzi yezandla zenu; khona angiyikunenzela okubi.

7 Kepha aningilalelanga, usho uJehova, naze nangicunula ngemisebenzi yezandla zenu, kwaba kubi kini.

8 Ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ngenxa yokuba ningawalalelanga amazwi ami,

9 bheka, ngiyakuthumela, ngilande yonke imindeni yasenyakatho, usho uJehova, noNebukadinesari, inkosi yaseBabele, inceku yami, ngibehlisele phezu kwaleli zwe nabakhileyo kulo, naphezu kwazo zonke lezi zizwe nxazonke, ngibaqalekise, ngibenze babe yisimangaliso nento encimfelwayo, nencithakalo ephakade.

10 Futhi ngiyakususa kubo izwi lokujabula nezwi lokuthokoza, izwi lomyeni nezwi lomakoti, nomsindo wamatshe okugaya nokukhanya kwesibani.

11 Izwe lonke leli liyakuba yincithakalo nesimangaliso, nalezi zizwe ziyakuyikhonza inkosi yaseBabele iminyaka engamashumi ayisikhombisa.

12 Kuyakuthi lapho iminyaka engamashumi ayisikhombisa isigcwalisekile, ngihambele inkosi yaseBabele nesizwe leso, usho uJehova, ngobubi babo, kanye nezwe lamaKaledi, ngilenze libe yincithakalo ephakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Ngiyakwehlisela phezu kwalelo zwe onke amazwi ami engiwakhulume phezu kwalo, konke okulotshwe kule ncwadi, uJeremiya akuprofethile ngazo zonke izizwe.

14Ngokuba bayakukhonziswa nabo yizizwe eziningi nangamakhosi amakhulu, ngiphindise kubo ngezenzo zabo nangemisebenzi yezandla zabo.

15 Ngokuba washo kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli kimi, wathi: Thatha le ndebe yewayini lokufutheka esandleni sami, uphuzise kuyo zonke izizwe engikuthuma kuzo.

16Ziyakuphuza, zintengantenge, zihlanye ngaphambi kwenkemba engiyakuyithuma phakathi kwazo.

17Ngase ngiyithatha indebe esandleni sikaJehova, ngaziphuzisa zonke izizwe uJehova angithuma kuzo:

18iJerusalema nemizi yakwaJuda, namakhosi alo, nezikhulu zalo, ukuba ngikwenze kube yincithakalo, nesimangaliso, nento encimfelwayo, nesiqalekiso njenganamuhla;

19kanye noFaro inkosi yaseGibithe, nezinceku zakhe, nezikhulu zakhe, nabantu bakhe bonke,

20 nayo yonke ingxubevange yabantu; onke amakhosi ase-Uzi, nawo onke amakhosi asezweni lamaFilisti e-Ashikeloni, naseGaza, nase-Ekroni, nensali yase-Ashidodi;

21 o-Edomi, noMowabi, nabantwana bakwa-Amoni,

22 nawo onke amakhosi aseTire, nawo onke amakhosi aseSidoni, namakhosi aseziqhingini ezingaphesheya kolwandle;

23iDedani, neThema, neBuzi, nabo bonke abadilingiwe emaceleni amakhanda abo,

24nawo onke amakhosi ase-Arabiya, nawo onke amakhosi engxubevange yabantu ehlala ehlane,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25nawo onke amakhosi aseZimri, nawo onke amakhosi ase-Elamu, nawo onke amakhosi aseMediya,

26nawo onke amakhosi asenyakatho, akude naseduze, yileyo naleyo, nayo yonke imibuso yezwe esebusweni bomhlaba; nenkosi yaseSheshaki iyakuphuza emva kwabo.

27 Uyakusho kubo ukuthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Phuzani, nidakwe, nihlanze, niwe, ningabe nisasukuma ngenxa yenkemba engiyakuyithuma phakathi kwenu.

28Kuyakuthi lapho bala ukuthatha indebe esandleni sakho ukuba bayiphuze, usho kubo ukuthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Impela niyakuphuza.

29Ngokuba bheka, ngiyaqala ukwenza okubi emzini obizwe ngegama lami; nina beniyakuba ngabangenacala na? Aniyikuba ngabangenacala, ngokuba ngiyakubiza bonke abakhileyo emhlabeni beze enkembeni, usho uJehova Sebawoti.

30 Manje, profetha kubo onke lawa mazwi, uthi kubo: UJehova uyakuduma ephezulu, aliphumise izwi lakhe esendaweni yakhe engcwele; uyakuduma nokuduma phezu kwekhaya lakhe, amemeze njengabanyathela iwayini kubo bonke abakhileyo emhlabeni.

31Umsindo uyakufinyelela emkhawulweni womhlaba, ngokuba uJehova uyamelana nezizwe; uyahlulela inyama yonke, kepha ababi uyakubanikela enkembeni, usho uJehova.

32Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bheka, okubi kuyaphuma kwesinye isizwe kuye kwesinye, nesivunguvungu siyavuswa emikhawulweni yomhlaba.

33 Ngalolo suku ababuleweyo bakaJehova bayakusukela komunye umkhawulo womhlaba, baze bafike komunye; abayikukhalelwa, abayikubuthwa, abayikumbelwa, bayakuba ngumquba ebusweni bomhlaba.

34Hhewulani nina belusi, nikhale, nihuquzele emlotheni nina zikhulu zomhlambi, ngokuba seziphelele izinsuku zenu zokuba nihlatshwe, nginihlakaze, niwe njengesitsha esihle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35Abelusi abayikuba nandawo ukubalekela kuyo, izikhulu zomhlambi zingabi nasiphephelo.

36Yizwi lokukhala kwabelusi, nokuhhewula kwezikhulu zomhlambi, ngokuba uJehova uyachitha idlelo labo,

37nezibaya ezithuleyo ziqediwe ngenxa yokufutheka kolaka oluvuthayo lukaJehova.

38Uwushiyile umphandu wakhe njengengonyama, ngokuba izwe labo seliyincithakalo ngenxa yokufutheka kwenkemba ecindezelayo nangenxa yokufutheka kolaka lwalo.

## UJeremiya 26

### Isiprofetho ngokuchithwa kwethempeli

1Ekuqaleni kokubusa kukaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, kwafika leli zwi livela kuJehova, lathi:

2 Usho kanje uJehova, uthi: Yima egcekeni lendlu kaJehova, ukhulume kuyo yonke imizi yakwaJuda efika ukukhuleka endlini kaJehova onke amazwi engikuyala ukuwakhuluma kubo, ungagodli zwi.

3 Mhlawumbe bayakulalela, baphenduke, kube yilowo nalowo endleleni yakhe embi, ngibuye kukho okubi ebengicabanga ukukwenza kubo ngenxa yobubi bezenzo zabo.

4Uyakuthi kubo: Usho kanje uJehova, uthi: Uma ningangilaleli ukuba nihambe emthethweni wami engiwubeke phambi kobuso benu,

5niwalalele amazwi ezinceku zami abaprofethi engibathumile kini, ngibathuma njalonjalo, nina ningalalelanga,

6 ngiyakwenza le ndlu ibe njengeShilo, nalo muzi ngiyakuwenza ube yisiqalekiso ezizweni zonke zomhlaba.

7Abapristi, nabaprofethi, nabo bonke abantu bezwa uJeremiya ekhuluma lawo mazwi endlini kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Kwathi lapho uJeremiya eseqedile ukukhuluma konke uJehova amyale
ngakho ukuba akukhulume kubo bonke abantu, abapristi, nabaprofethi,
nabantu bonke, bambamba, bathi: Uyakufa nokufa.

9Uprofetheleni egameni likaJehova ukuthi: Le ndlu iyakuba njengeShilo, nalo
muzi uyakuchithwa kungabe kusaba khona owuhlalayo, na? Bonke abantu
babebuthene kuJeremiya endlini kaJehova.

10Izikhulu zakwaJuda zazizwa lezo zinto, zakhuphuka endlini yenkosi, zaya
endlini kaJehova, zahlala esikhaleni sesango elisha lendlu kaJehova.

11 Base bethi abapristi nabaprofethi ezikhulwini nakubo bonke abantu, bathi:
Lo muntu ufanele ukufa, ngokuba uprofethile ngalo muzi, njengalokho
nizwile ngezindlebe zenu.

12Wayesesho uJeremiya kuzo zonke izikhulu nakubo bonke abantu, ethi:
UJehova wangithuma ukuprofetha ngale ndlu nangalo muzi onke amazwi
eniwezwileyo.

13 Ngalokho lungisani izindlela zenu nezenzo zenu, nilalele izwi likaJehova
uNkulunkulu wenu, uJehova abuye kukho okubi akukhulume kini.

14Kepha mina, bhekani, ngisesandleni senu; yenzani kimi okuhle nokulungile
emehlweni enu.

15 Yazini nokwazi kuphela ukuthi uma ningibulala, niyakwehlisela igazi
elingenacala phezu kwenu, naphezu kwalo muzi, naphezu kwabakhileyo
kuwo, ngokuba ngeqiniso uJehova ungithume kini ukuba ngikhulume onke
lawa mazwi ezindlebeni zenu.

16Zase zithi izikhulu nabo bonke abantu kubo abapristi nakubo abaprofethi:
Lo muntu akafanele ukufa, ngokuba ukhulume kithi egameni likaJehova
uNkulunkulu wethu.

17Kwase kusukuma amanye amalunga ezwe, asho kulo lonke ibandla labantu,
athi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 UMika waseMoresheti waprofetha ezinsukwini zikaHezekiya inkosi yakwaJuda, washo kubo bonke abantu bakwaJuda, wathi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: ISiyoni liyakulinywa njengensimu, iJerusalema libe yincithakalo, intaba yendlu ibe yizindawo eziphakemeyo zamahlathi.

19 UHezekiya inkosi yakwaJuda naye wonke uJuda bambulala impela na? Angithi bamesaba uJehova, bamncenga uJehova, uJehova wabuya kukho okubi ayekukhulume kubo, na? Besiyakwenza okubi okukhulu kuyo imiphefumulo yethu.

20 Kwakukhona nomunye umuntu owaprofetha egameni likaJehova, u-Uriya indodana kaShemaya waseKiriyathi Jeharimi; waprofetha ngalo muzi nangaleli zwe njengawo onke amazwi kaJeremiya.

21 Inkosi uJehoyakimi, nawo onke amaqhawe ayo, nazo zonke izikhulu bezwa amazwi akhe; inkosi yafuna ukumbulala; kepha u-Uriya wakuzwa, wesaba, wabaleka, waya eGibithe.

22 Inkosi uJehoyakimi yayisithuma amadoda eGibithe, u-Elinathani indodana ka-Akibori enamadoda, baye eGibithe.

23 Bamkhipha u-Uriya eGibithe, bamyisa enkosini uJehoyakimi eyambulala ngenkemba, yasilahla isidumbu sakhe emathuneni abantukazana.

24 Kepha isandla sika-Ahikamu, indodana kaShafani, sasinoJeremiya ukuba bangamnikeli esandleni sabantu ukumbulala.

## UJeremiya 27

### Ijoka lenkosi yaseBabele

1 Ekuqaleni kokubusa kukaSedekiya indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, kwafika leli zwi kuJeremiya livela kuJehova, lathi:

2 Usho kanje uJehova kimi, uthi: Zenzele izintambo namajoka, ukubeke entanyeni yakho,

3 ukuthume enkosini yakwa-Edomi, nasenkosini yakwaMowabi, nasenkosini yabantwana bakwa-Amoni, nasenkosini yaseTire, nasenkosini yaseSidoni ngesandla sezithunywa ezifika eJerusalema kuSedekiya inkosi yakwaJuda,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 uziyale ukuba zithi emakhosini azo: Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Niyakusho kanje emakhosini enu, nithi:

5 Mina ngenzile umhlaba, nomuntu, nesilwane okukhona emhlabeni ngamandla ami amakhulu nangengalo yami eyeluliweyo, ngiwunika lowo ofanele emehlweni ami.

6 Manje senginikele onke lawa mazwe esandleni sikaNebukadinesari inkosi yaseBabele, inceku yami; futhi ngiyakumnika izilwane zasendle ukuba zimkhonze.

7 Zonke izizwe ziyakumkhonza, yena nendodana yakhe, nendodana yendodana yakhe, kuze kufike isikhathi sezwe lakhe, izizwe eziningi namakhosi amakhulu babakhonzise.

8 Kuyakuthi isizwe nombuso okungayikumkhonza yena, uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, kungabeki intamo yakho phansi kwejoka lenkosi yaseBabele, leso sizwe ngisijezise, usho uJehova, ngenkemba, nangendlala, nangesifo, ngize ngisiqede ngesandla sakhe.

9 Kepha nina ningabalaleli abaprofethi benu, nababhuli benu, namaphupho enu, nabahlola imihlola phakathi kwenu, nabalumbi benu abakhuluma kini, bethi: Aniyikuyikhonza inkosi yaseBabele,

10 ngokuba baprofetha amanga kini ukuba nisuswe kude nezwe lakini, nginixoshe, niphele.

11 Kepha isizwe esiyakuyibeka intamo yaso phansi kwejoka lenkosi yaseBabele, siyikhonze, leso ngiyakusiphumuza ezweni laso, usho uJehova, sililime, sihlale kulo.

12 Ngakhuluma kuSedekiya inkosi yakwaJuda njengawo onke lawa mazwi, ngathi: Bekani izintamo zenu phansi kwejoka lenkosi yaseBabele, niyikhonze, yona nabantu bayo, niphile.

13 Niyakufelani wena nabantu bakho ngenkemba, nangendlala, nangesifo, njengalokho uJehova ekhulumile ngesizwe esingayikuyikhonza inkosi yaseBabele, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[14]Ningawalaleli amazwi abaprofethi ababesho kini ukuthi: Aniyikuyikhonza inkosi yaseBabele, ngokuba baprofetha amanga kini.

[15] Ngokuba angibathumanga, usho uJehova; baprofetha amanga ngegama lami ukuze nginixoshe, niphele, nina nabaprofethi abaprofetha kini.

[16] Ngase ngikhuluma kubapristi nakubo bonke laba bantu, ngithi: Usho kanje uJehova, uthi: Ningawalaleli amazwi abaprofethi benu abaprofetha kini ukuthi: Bhekani, izitsha zendlu kaJehova ziyakubuyiswa eBabele masinyane. Ngokuba baprofetha amanga kini.

[17]Ningabalaleli; khonzani inkosi yaseBabele nize niphile; ubuyakuchithelwani lo muzi na?

[18]Kepha uma bengabaprofethi, uma izwi likaNkulunkulu likubo, mabamnxuse uJehova Sebawoti, ukuba izitsha ezisele endlini kaJehova, nasendlini yenkosi yakwaJuda, naseJerusalema zingayi eBabele.

[19]Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti ngezinsika, nangolwandle, nangezinqe, nangensali yezitsha ezisele kulo muzi,

[20] angazithathanga uNebukadinesari inkosi yaseBabele ekuthumbeni kwakhe uJekoniya indodana kaJehoyakimi, inkosi yakwaJuda, eJerusalema, wamyisa eBabele nabakhulu bonke bakwaJuda nabaseJerusalema;

[21]yebo, usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, ngezitsha ezisele endlini kaJehova, nasendlini yenkosi yakwaJuda, naseJerusalema, uthi:

[22] Ziyakuyiswa eBabele, zibe khona, kuze kufike usuku lokuzihambela kwami, usho uJehova. Bese ngizikhuphula, ngizibuyisele kule ndawo.

## UJeremiya 28

### OJeremiya noHananiya

[1]Kwathi ngawona lowo mnyaka ekuqaleni kokubusa kukaSedekiya inkosi yakwaJuda ngomnyaka wesine, ngenyanga yesihlanu, uHananiya indodana ka-Azuri, umprofethi waseGibeyoni, wakhuluma kimi endlini kaJehova phambi kwabapristi nabantu bonke, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

2 Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Ngilaphulile ijoka lenkosi yaseBabele.

3 Ingakapheli iminyaka emibili ngiyakubuyisela kule ndawo zonke izitsha zendlu kaJehova azithatha kule ndawo uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, waziyisa eBabele,

4 ngibuyisele kule ndawo futhi uJekoniya indodana kaJehoyakimi, inkosi yakwaJuda, nabo bonke abathunjwa bakwaJuda abaya eBabele, usho uJehova, ngokuba ngiyakulaphula ijoka lenkosi yaseBabele.

5 Kepha umprofethi uJeremiya wathi kumprofethi uHananiya phambi kwabapristi, nabantu bonke ababemi endaweni kaJehova,

6 yebo, umprofethi uJeremiya wathi: Amen, makenze njalo uJehova, awaqinise amazwi akho owaprofethayo, kubuyiswe izitsha zendlu kaJehova nabo bonke abathunjwa eBabele, kulethwe kule ndawo.

7 Kepha mawuzwe leli zwi engilikhuluma ezindlebeni zakho nasezindlebeni zabantu bonke ngokuthi:

8 Abaprofethi ababengaphambi kwami nangaphambi kwakho kusukela endulo baprofetha ngamazwe amaningi nangemibuso eminingi, ngezimpi, nangokubi, nangesifo.

9 Umprofethi oprofetha ngokuthula uyakwaziwa, lapho seligcwalisiwe izwi lomprofethi, uma engumprofethi uJehova amthumileyo impela.

10 Umprofethi uHananiya wayeselisusa ijoka entanyeni yomprofethi uJeremiya, walaphula.

11 UHananiya wayesesho phambi kwabo bonke abantu, wathi: Usho kanje uJehova, uthi: Kanjalo ngiyakulaphula ijoka likaNebukadinesari, inkosi yaseBabele ingakapheli iminyaka emibili entanyeni yezizwe zonke. Kepha umprofethi uJeremiya wahamba indlela yakhe.

12 Lase lifika izwi likaJehova kuJeremiya, uHananiya umprofethi eselaphulile ijoka entanyeni yomprofethi uJeremiya, lithi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

13 Hamba usho kuHananiya, uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Uwaphulile
amajoka omuthi, kepha uyakwenza amajoka ensimbi esikhundleni sawo.

14 Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi:
Ngibeke ijoka lensimbi entanyeni yazo zonke lezi zizwe ukuba zimkhonze
uNebukadinesari inkosi yaseBabele; yebo, ziyakumkhonza; futhi ngimnike
nezilwane zasendle.

15 Wayesethi umprofethi uJeremiya kuHananiya umprofethi: Mawuzwe,
Hananiya; uJehova kakuthumanga, kepha wena wenza laba bantu ukuba
bethembe amanga.

16 Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakukuxosha ebusweni
bomhlaba, ufe nonyaka, ngokuba ukhulume ukuhlubuka kuJehova.

17 Wafa-ke uHananiya umprofethi ngawona lowo mnyaka ngenyanga
yesikhombisa.

## UJeremiya 29

### Incwadi kaJeremiya kubathunjwa

1 Nanka amazwi encwadi uJeremiya, umprofethi, ayithumayo eseJerusalema
kuyo insali yamalunga athunjiweyo, nakubapristi, nakubaprofethi, nakubo
bonke abantu ayebathumbile uNebukadinesari eJerusalema, wabayisa
eBabele,

2 sebesukile uJekoniya inkosi, nendlovukazi, nabathenwa, nezikhulu
zakwaJuda nezaseJerusalema, nezinyanga zomsebenzi, nabakhandi
eJerusalema,

3 ngesandla sika-Eleyasa indodana kaShafani noGemariya indodana kaHilikiya
abathunywa nguSedekiya, inkosi yakwaJuda, eBabele kuNebukadinesari
inkosi yaseBabele, athi:

4 Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, kubo bonke
abathunjwa engibenzile ukuba bathunjwe eJerusalema, bayiswe eBabele,
uthi:

5 Yakhani izindlu, nihlale kuzo; tshalani amasimu, nidle izithelo zawo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[6]thathani abafazi, nizale amadodana namadodakazi; thathelani amadodana enu abafazi, nendise amadodakazi enu emadodeni ukuba azale amadodana namadodakazi, nande khona, ninganciphi.

[7]Funani ukuthula komuzi lapho nginithumbele khona, niwukhulekele kuJehova, ngokuba ekuthuleni kwawo niyakuba nokuthula.

[8] Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Maningakhohliswa ngabaprofethi abaphakathi kwenu nababhuli benu, ningawalaleli amaphupho enu eniwaphuphayo.

[9] Ngokuba baprofetha amanga egameni lami; angibathumanga, usho uJehova.

[10] Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Lapho iminyaka engamashumi ayisikhombisa isiphelile eBabele, ngiyakunihambela, ngiqinise phezu kwenu izwi lami elihle ngokunibuyisela kule ndawo.

[11] Ngokuba ngiyazi mina imicabango engiyicabanga ngani, usho uJehova, imicabango yokuthula kungengeyobubi ukuba ngininike isikhathi esizayo nethemba.

[12] Niyakungibiza, niye ukukhuleka kimi, ngiyakunizwa.

[13] Niyakungifuna, ningifumane, lapho ningifunisisa ngenhliziyo yenu yonke.

[14] Ngiyakufunyanwa yinina, usho uJehova, ngibuyise ukuthunjwa kwenu, nginibuthe ezizweni zonke nasezindaweni zonke lapho nginixoshele khona, usho uJehova, nginibuyisele endaweni enganenza ukuba nithunjwe kuyo.

[15]Ngokuba nishilo ukuthi: UJehova usivusele abaprofethi eBabele.

[16]Ngokuba usho kanje uJehova ngenkosi ehlezi esihlalweni sobukhosi sikaDavide nangabo bonke abantu abahlala kulo muzi, abafowenu abangayanga nani ekuthunjweni,

[17] yebo, usho uJehova Sebawoti, uthi: Bhekani, ngiyakuthuma kubo inkemba, nendlala, nesifo, ngibenze babe njengamakhiwane amabi angenakudliwa ngobubi bawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Ngiyakubalandela ngenkemba, nangendlala, nangesifo, ngibenze babe yingebhe emibusweni yonke yomhlaba, babe yisiqalekiso, nesimangaliso, nento encimfelwayo, nehlazo ezizweni zonke engibaxoshele kuzo,

19ngokuba abawalalelanga amazwi ami, usho uJehova, engawathuma kubo ngezinceku zami abaprofethi, ngibathuma njalonjalo; yebo, kanilalelanga, usho uJehova.

20Kepha yizwani manje izwi likaJehova nina nonke bathunjwa, enginithumile eBabele niphuma eJerusalema.

21Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, ngo-Ahabi indodana kaKholaya nangoSedekiya indodana kaMahaseya abaprofetha amanga kini egameni lami, uthi: Bheka, ngiyakubanikela esandleni sikaNebukadinesari inkosi yaseBabele; uyakubabulala phambi kwamehlo enu.

22Kubona kuyakuthathwa isiqalekiso yibo bonke abathunjwa bakwaJuda abaseBabele ngokuthi: UJehova makakwenze ukuba ube njengoSedekiya no-Ahabi abosiwa ngomlilo yinkosi yaseBabele,

23 ngokuba benzile ubuwula kwa-Israyeli, baphinga nabafazi babakhelwane babo, bakhuluma amazwi amanga egameni lami engingabayalanga ngawo; yimi engikwaziyo, ngingufakazi, usho uJehova.

### Izwi kuShemaya

24KuShemaya waseNehelamu uyakusho ukuthi:

25 Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Ngenxa yokuba uthumile egameni lakho izincwadi kubo bonke abantu baseJerusalema, nakuZefaniya indodana kaMahaseya, umpristi, nakubo bonke abapristi, ngokuthi:

26UJehova ukubeke umpristi esikhundleni sikaJehoyada umpristi ukuba nibe yizinduna zabo bonke abantu abahlanyayo nabaprofethayo endlini kaJehova ukuze ubafake esitokisini nasemaketangeni;

27manje awumsolanga ngani uJeremiya wase-Anathoti, oprofetha kini na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28Ngokuba ngalokho uthumile kithi eBabele, wathi: Kuse kude; yakhani
izindlu, nihlale kuzo; tshalani amasimu, nidle izithelo zawo.

29UZefaniya umpristi wayifunda le ncwadi ezindlebeni zikaJeremiya
umprofethi.

30Lase lifika izwi likaJehova kuJeremiya, lithi:

31 Thuma kubo bonke abathunjwa, uthi: Usho kanje uJehova ngoShemaya
waseNehelamu, uthi: Ngenxa yokuba uShemaya eprofethile kini, mina
ngingamthumile, wanenza ukuba nethembe emangeni,

32 ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bhekani, ngiyakumhambela uShemaya
waseNehelamu nenzalo yakhe; akayikuba namuntu oyakuhlala phakathi
kwalaba bantu, angaboni okuhle engiyakwenzela khona abantu bami, usho
uJehova, ngokuba ukhulume ukuhlubuka kuJehova.

## UJeremiya 30

### Ukuphulukiswa kuka-Israyeli noJuda

1Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, lathi:

2 Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Loba encwadini onke
amazwi engiwakhulume kuwe.

3 Ngokuba bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho ngiyakubuyisa
ukuthunjwa kwabantu bami o-Israyeli noJuda, usho uJehova, ngibabuyisele
ezweni engalinika oyise ukuba balidle.

4Nanka amazwi uJehova awakhulumayo ngo-Israyeli nangoJuda.

5 Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Sizwile izwi lokuthuthumela,
elokwesaba kungengelokuthula.

6 Ake nibuze, nibone, uma owesilisa wake wabeletha na? Ngibonelani onke
amadoda enezandla zawo ezinkalweni njengobelethayo, ubuso bonke
buphaphathekile, na?

7 Maye, lukhulu lolo suku, alukho olunjengalo! Kuyisikhathi sokuhlupheka
kukaJakobe, kepha uyakusindiswa kukho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

8 Kuyakuthi ngalolo suku, usho uJehova Sebawoti, ngilaphule ijoka entanyeni yabo, ngigqabule izibopho zabo, abafokazi bangabe besabakhonzisa,

9 kepha bakhonze uJehova uNkulunkulu wabo, noDavide inkosi yabo engiyakubavusela yena.

10 Ungesabi wena Jakobe, nceku yami, usho uJehova, Ungapheli amandla, Israyeli, ngokuba bheka, ngiyakukusindisa usekude, nenzalo yakho ezweni lokuthunjwa kwayo; uJakobe uyakubuya, aphumule, agcineke, angesatshiswa muntu.

11 Ngokuba mina nginawe, usho uJehova, Ukuba ngikusindise, ngokuba ngiyakuqeda ngokupheleleyo zonke izizwe engikuhlakazele kuzo, kepha wena angiyikukuqeda, kodwa ngiyakukulaya ngokwahlulela, ngingakwenzi ube ngongenacala.

12 Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Ukulimala kwakho akunakuphulukiswa, nesilonda sakho sinzima.

13 Akakho omela icala lakho ukuba uboshwe; umuthi wokuphilisa awunawo.

14Zonke izithandwa zakho zikukhohliwe, azisakufuni, ngokuba ngikushayile ngokushaywa kwezitha, ngokulaywa kononya, ngenxa yobuningi bokona kwakho, nangokuba izono zakho zandile.

15Ukhalelani ngokulimala kwakho ukuthi ubuhlungu bakho abunakuphulukiswa na? Ngenxa yobuningi bokona kwakho nangokuba izono zakho zandile ngenze lokho kuwe.

16 Ngalokho bonke abakudlayo bayakudliwa, nabo bonke abamelene nawe bayakuthunjwa bonkana, nabakuphangayo bayakuphangwa, nabo bonke abakwamukayo ngiyakubanikela ukuba bamukwe.

17 Ngokuba ngiyakubuyisela ukuphila kuwe, ngelaphe izilonda zakho, usho uJehova, ngokuba bakubize ngokuthi Oxoshiweyo neSiyoni elingafunwa muntu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakukubuyisa ukuthunjwa kwamatende kaJakobe, ngiwahawukele amakhaya akhe; umuzi uyakwakhiwa edumeni lawo, indlu yamakhosi ihlale njengokufaneleyo.

19 Kuyakuphuma kubo udumiso nezwi labathokozayo; ngiyakubenza babe baningi, bangabi ngabayingcosana, ngibadumise, bangeyiswa.

20 Abantwana bakhe bayakuba njengakuqala, ibandla lakhe lime phambi kwami, ngijezise bonke abamcindezelayo.

21 Isikhulu sakhe siyakuba ngesiphuma kuye, nombusi wakhe uyakuvela phakathi kwakhe; ngiyakumsondeza, asondele kimi, ngokuba ngubani oke waba nesibindi sokusondela kimi na? usho uJehova.

22 Niyakuba ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wenu.

23 Bheka, isivunguvungu sikaJehova! Ukufutheka kwakhe kuphumile, isivunguvungu esichithayo; siyakwehlela phezu kwamakhanda ababi.

24 Ukufutheka okuvuthayo kukaJehova akuyikubuya, aze enze, aze afeze umgomo wenhliziyo yakhe; ezinsukwini zokugcina niyakukuqonda.

## UJeremiya 31

1 Ngaleso sikhathi, usho uJehova, ngiyakuba nguNkulunkulu wemindeni yonke yakwa-Israyeli, yona ibe ngabantu bami.

2 Usho kanje uJehova, uthi: Abantu abasele enkembeni bafumana umusa ehlane, lapho u-Israyeli eya khona ukuthola ukuphumula kwakhe.

3 UJehova wabonakala kimi ekude, wathi: Ngikuthandile ngothando oluphakade; ngalokho ngikudonsile ngomusa.

4 Ngiyakubuye ngikwakhe, wakheke wena ntombi ka-Israyeli; uyakubuye uvunuliswe ngezigubhu zakho, uphumele ekusineni kwabathokozayo.

5 Uyakubuye utshale izivini ezintabeni zaseSamariya; abatshali bayakuzitshala, badle izithelo zazo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Ngokuba kuyakuba khona usuku abayakumemeza ngalo abalindi entabeni yakwa-Efrayimi ukuthi: Sukani, sikhuphukele eSiyoni kuJehova uNkulunkulu wethu.

7Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Hlabelelani kuJakobe ngokujabula, nimemezele inhloko yezizwe, nizwakalise, nidumise nithi: Jehova, sindisa abantu bakho, insali yakwa-Israyeli.

8Bheka, ngiyakubabuyisa ezweni lasenyakatho, ngibabuthe emikhawulweni yomhlaba, okuphakathi kwabo kuyizimpumputhe nezinyonga, abakhulelweyo nababelethayo kanyekanye, babuyele lapha beyibandla elikhulu.

9 Bayakufika bekhala, ngibahambise bekhuleka, ngibayise emifuleni yamanzi ngendlela eqondileyo abangayikukhubeka kuyo, ngokuba nginguyise ka-Israyeli, no-Efrayimi uyizibulo lami.

10 Zwanini izwi likaJehova nina zizwe, nilimemeze eziqhingini ezikude, nithi: Owamhlakaza u-Israyeli uyakumbutha amlondoloze njengomalusi umhlambi wakhe.

11Ngokuba uJehova umhlawulele uJakobe, wamhlenga esandleni sonamandla kunaye.

12 Bayakufika, bahlabelele ngokujabula ekuphakameni kwaseSiyoni, bagobhozele kukho okuhle kukaJehova, yebo, emabeleni, nasewayinini, nasemafutheni, nakuwo amazinyane ezimvu nawezinkomo, umphefumulo wabo ube njengensimu eniselweyo, bangabe besaba nosizi futhi.

13 Khona intombi iyakuthokoza ekusineni, nezinsizwa nabadala kanyekanye; ngiyakuphendula ukukhala kwabo kube ngukujabula, ngibaduduze, ngibathokozise, bangabe besaba nosizi.

14Ngiyakudelisa umphefumulo wabapristi ngamanoni, abantu bami basuthe ngokuhle kwami, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Usho kanje uJehova, uthi: Izwi liyezwakala eRama, ukulila nokukhala okumunyu, uRaheli ekhalela abantwana bakhe; uyala ukududuzwa ngabantwana bakhe, ngokuba abasekho.

16 Usho kanje uJehova, uthi: Bamba izwi lakho, ungakhali, amehlo akho angabi nazinyembezi, ngokuba umsebenzi wakho uyakuba nomvuzo, usho uJehova, babuye ezweni lesitha.

17 Kukhona ithemba lokugcina kwakho, usho uJehova; abantwana bayakubuyela emikhawulweni yabo.

18 Ngimzwile nokumuzwa u-Efrayimi ezidabukela, ethi: Ungishayile, ngashaywa njengethole elingajwayele ijoka; ngibuyise ukuba ngibuye, ngokuba wena unguJehova uNkulunkulu wami.

19 Impela lapho sengibuyisiwe, ngazisola, nalapho ngifundisiwe, ngashaya ithanga lami, ngaba namahloni, yebo, ngajabha, ngokuba ngathwala ihlazo lobusha bami.

20 U-Efrayimi uyindodana yami yini eyigugu kimi, ungumntwana othandekayo na? Ngokuba njalo lapho ngikhuluma okubi ngaye, ngisamkhumbula nokumkhumbula; ngalokho izibilini zami ziyamhawukela; ngiyakuba nesihe impela kuye, usho uJehova.

21 Zibekele amatshe, zimisele iziqondiso zendlela; yibeke inhliziyo yakho emendweni, indlela owahamba ngayo; buya, ntombi yakwa-Israyeli, ubuyele kule mizi yakho.

22 Koze kube nini uhambahamba wena ndodakazi ehlubukayo na? Ngokuba uJehova udalile into entsha emhlabeni: owesifazane uyakuyihaqa indoda.

23 Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bayakubuye basho leli zwi ezweni lakwaJuda nasemizini yalo, lapho ngibuyisa ukuthunjwa kwabo, lokuthi: UJehova makakubuyise wena khaya lokulunga, ntaba yobungcwele.

24 UJuda nayo yonke imizi yakhe bayakuhlala kulo ndawonye, abalimi nabahamba nemihlambi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Ngokuba nganelisile imiphefumulo eyethileyo, ngigcwalisile yonke imiphefumulo enosizi.

26Kulokhu ngase ngivuka, ngabheka; ubuthongo bami babumnandi kimi.

27 Bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho ngiyakuhlwanyela indlu ka-Israyeli nendlu kaJuda ngembewu yabantu nangembewu yezinkomo.

28 Kuyakuthi njengalokhu ngibalindile ukuba ngibasiphule, ngibadilize, ngibabhidlize, ngibachithe, ngibahluphe, kanjalo ngiyakubalinda ukuba ngibakhe, ngibatshale, usho uJehova.

29 Ngalezo zinsuku abasayikusho ukuthi: Oyise badlile izithelo zomvini ezimuncu, amazinyo abantwana aba bushelezi.

30 Ngokuba yilowo nalowo uyakufa ngobubi bakhe; bonke abantu abazidla izithelo zomvini ezimuncu amazinyo abo ayakuba buthuntu.

31 Bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho ngiyakwenza isivumelwano esisha nendlu ka-Israyeli nendlu kaJuda,

32kungenjengesivumelwano engasenzayo nawoyise mhla ngibabamba ngesandla ukubakhipha ezweni laseGibithe, isivumelwano sami abasaphula noma ngangiyinkosi yabo, usho uJehova.

33 Kepha yilesi esiyisivumelwano engizakusenza nendlu ka-Israyeli emva kwalezo zinsuku, usho uJehova: ngiyakufaka umthetho wami ezibilinini zabo, ngiwulobe ezinhliziyweni zabo, ngibe nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami;

34 abasayikufundisana, kube yilowo nalowo umakhelwane wakhe, kube yilowo nalowo umfowabo, ngokuthi: Yazi uJehova, ngokuba bonke bayakungazi, kusukela kwabancane kuya kwabakhulu babo, usho uJehova, ngokuba ngiyakuthethelela ububi babo, nesono sabo angisayikusikhumbula.

35 Usho kanje uJehova obeka ilanga libe ngukukhanya emini, nezimiso zenyanga nezezinkanyezi zokuba zibe ngukukhanya ebusuku, ovusa ulwandle ukuba kuhlokome amaza alo, ogama lakhe linguJehova Sebawoti, uthi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

36 Uma lezi zimiso zisuka ebusweni bami, usho uJehova, yilapho inzalo yakwa-Israyeli iyakuphela, ingabe isaba yisizwe phambi kwami kuze kube nanini.

37Usho kanje uJehova, uthi: Uma izulu lilinganiswa phezulu, nezisekelo zomhlaba zivivinywa ngaphansi, khona mina ngiyakuyilahla yonke inzalo yakwa-Israyeli ngakho konke abakwenzileyo, usho uJehova.

38 Bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho uJehova eyakwakhelwa umuzi, kusukela embhoshongweni kaHananeli kuze kube seSangweni Lasegumbini.

39Umucu wokulinganisa usezakuphuma, ufinyeleliswe uze uqondane negquma laseGarebi, ujike uze ufike eGowa.

40Sonke isigodi sezidumbu, nesomlotha, nawo onke amasimu kuze kube semfudlaneni iKidroni, kuze kufike egumbini leSango Lehhashi ngasempumalanga kuyakuba ngcwele kuJehova, kungabe kusasishulwa, kubhidlizwe kuze kube phakade.

## UJeremiya 32

### Ukuthengwa kwensimu

1Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova ngomnyaka weshumi kaSedekiya inkosi yakwaJuda, owawungumnyaka weshumi nesishiyagalombili kaNebukadinesari.

2 Ngaleso sikhathi impi yenkosi yaseBabele yalivimbezela iJerusalema; uJeremiya umprofethi wayevalelwe egcekeni letilongo elalisendlini yenkosi yakwaJuda,

3 lapho uSedekiya inkosi yakwaJuda ebemvalele khona ngokuthi: Uprofethelani uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakuwunikela lo muzi esandleni senkosi yaseBabele, iwuthathe,

4 uSedekiya inkosi yakwaJuda angaphunyuki esandleni samaKaledi, kepha anikelwe nokunikelwa esandleni senkosi yaseBabele, akhulume nayo umlomo nomlomo, amehlo akhe awabone amehlo ayo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5yona imyise uSedekiya eBabele, abe khona lapho ngize ngimhambele, usho uJehova; noma nilwa namaKaledi, aniyikuphumelela na?

6UJeremiya wathi: Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

7 Bheka, uHanameli indodana kaShalumi uyihlokazi uyakufika kuwe, athi: Zithengele insimu yami ese-Anathoti, ngokuba ilungelo lokuyihlenga lingelakho ukuba uyithenge.

8 Wayesefika kimi uHanameli indodana kababekazi egcekeni letilongo njengezwi likaJehova, wathi kimi: Ake uyithenge insimu yami ese-Anathoti elisezweni lakwaBenjamini, ngokuba ilungelo lefa lingelakho, nokuhlenga kungokwakho; zithengele lona. Ngase ngazi ukuthi leli zwi lavela kuJehova.

9Ngayithenga insimu ese-Anathoti kuHanameli indodana kababekazi, ngamlinganisela imali, amashekeli ayishumi nesikhombisa esiliva.

10Ngaloba incwadi, ngayinamathelisa, ngazifakazisela, ngamlinganisela imali ngesilinganiso.

11Ngayithatha incwadi yokuthenga, enamathelisiweyo enemithetho nezimiso, nevulekileyo,

12nganikela incwadi yokuthenga kuBaruki indodana kaNeriya kaMahaseya ngaphambi kukaHanameli indodana kababekazi naphambi kofakazi ababelobe incwadi yokuthenga naphambi kwabo bonke abaJuda ababehlala egcekeni letilongo.

13 Ngamyala uBaruki phambi kwabo, ngathi:

14Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Thatha lezi zincwadi, le ncwadi yokuthenga enamathelisiweyo nale ncwadi evulekileyo, uzifake ezitsheni zebumba ukuba zihlale izinsuku eziningi.

15Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Kuyakubuye kuthengwe izindlu namasimu nezivini kuleli zwe.

16 Sengiyinike uBaruki indodana kaNeriya incwadi yokuthenga ngakhuleka kuJehova, ngathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 E, Nkosi Jehova, bheka, wena wenzile izulu nomhlaba ngamandla akho amakhulu nangengalo yakho eyeluliweyo; akukho lutho olukwahlulayo

18 wena owenza umusa kubo abayizinkulungwane, ophindisela ububi bawoyise esifubeni sabantwana babo emva kwabo, ogama lakho linguNkulunkulu omkhulu oyiqhawe, uJehova Sebawoti,

19 omkhulu emaswini, onamandla ezenzweni, omehlo akho avulekele zonke izindlela zabantu ukuba unike, kube yilowo nalowo njengezindlela zakhe nanjengezithelo zemisebenzi yakhe;

20owamisa izibonakaliso nezimangaliso ezweni laseGibithe kuze kube namuhla nakwa-Israyeli naphakathi kwabanye abantu, wazenzela igama njenganamuhla,

21wabakhipha abantu bakho u-Israyeli ezweni laseGibithe ngezibonakaliso nangezimangaliso, nangesandla esinamandla, nangengalo eyeluliweyo, nangengebhe enkulu,

22 wabanika leli zwe, njengalokho afunga koyise ukubanika lona, izwe elichichima ubisi nezinyosi;

23bangena balidla, kepha kabalilalelanga izwi lakho, abahambanga emthethweni wakho, abenzanga lutho lwakho konke owabayala ngakho ukuba bakwenze; ngalokho ubehlisele konke lokhu okubi.

24 Bheka, amaduli asefike emzini ukuba umuzi uthathwe; ngenxa yenkemba nendlala nesifo umuzi unikelwe esandleni samaKaledi alwa nawo; kwenzekile owakukhulumayo; bheka, usuyakubona.

25Wena Nkosi Jehova, noma umuzi unikelwe esandleni samaKaledi, washo kimi, wathi: Zithengele insimu ngemali, uzifakazisele.

26Lase lifika izwi likaJehova kuJeremiya, lithi:

27 Bheka, ngingguJehova uNkulunkulu wenyama yonke, kukhona okungahlulayo na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakuwunikela lo muzi
esandleni samaKaledi nasesandleni sikaNebukadinesari, inkosi yaseBabele,
awuthathe.

29 AmaKaledi alwa nalo muzi ayakufika, awuthungele lo muzi ngomlilo,
awushise kanye nalezo zindlu abashisele uBali impepho phezu kwezimpahla
zazo, bathululela abanye onkulunkulu iminikelo yokuphuzwa ukuba
bangicunule.

30 Ngokuba abantwana bakwa-Israyeli nabantwana bakwaJuda benzile okubi
kuphela emehlweni ami kwasebuntwaneni babo, ngokuba abantwana bakwa-
Israyeli bangicunulile kuphela ngemisebenzi yezandla zabo, usho uJehova.

31Ngokuba lo muzi uvuse intukuthelo yami nokufutheka kwami, kusukela
osukwini abawakha ngalo kuze kube namuhla, ukuba ngiwususe ebusweni
bami,

32 ngenxa yakho konke okubi kwabantwana bakwa-Israyeli nabantwana
bakwaJuda abakwenzileyo ukuba bangicunule, bona namakhosi abo,
nezikhulu zabo, nabapristi babo, nabaprofethi babo, namadoda akwaJuda,
nabakhileyo eJerusalema.

33Bangifulathele, abangibhekanga; noma ngabafundisa ngibaxwayisa
njalonjalo, abalalelanga ukuba bamukele ukulaywa.

34 Kepha bazibeka izinengiso zabo endlini ebizwa ngegama lami ukuba
bayingcolise.

35Bazakha izindawo eziphakemeyo zikaBali ezisesigodini sendodana
kaHinomu ukuba badabulise amadodana abo namadodakazi abo emlilweni
kuMoloki, engingabayalanga ngakho, nokungangenanga enhliziyweni ukuthi
bayakusenza lesi sinengiso ukuze bamonise uJuda.

36 Ngalokho manje usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngalo muzi
enithi ngawo: Unikelwe esandleni senkosi yaseBabele ngenkemba,
nangendlala, nangesifo, uthi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37 Bheka, ngiyakubabutha emazweni onke lapho ngibaxoshele khona
ngentukuthelo yami, nangokufutheka kwami, nangolaka olukhulu,
ngibabuyisele kule ndawo, ngibenze ukuba bahlale belondekile,

38 babe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo,

39 ngibanike inhliziyonye nendlelanye ukuba bangesabe zonke izinsuku, kube
kuhle kubo nakubantwana babo emva kwabo.

40 Ngiyakwenza nabo isivumelwano esiphakade, ukuze ngingabuyi
ekubalandeleni, ngibenzele okuhle, ngibeke ezinhliziyweni zabo ukungesaba,
ukuze bangasuki kimi.

41 Ngiyakuthokoza ngabo, ngibenzele okuhle, ngibatshale ngeqiniso kuleli
zwe ngayo yonke inhliziyo yami nangawo wonke umphefumulo wami.

42 Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Njengalokhu ngehlisele phezu kwalaba
bantu konke lokhu okubi, kanjalo ngiyakubehlisela konke okuhle
engikukhulume kubo.

43 Amasimu ayakuthengwa kuleli zwe enisho ngalo ukuthi liyincithakalo,
lapho kungekho muntu nazilwane khona, nokuthi linikelwe esandleni
samaKaledi.

44 Amasimu ayakuthengwa ngemali, kulotshwe encwadini, kunamatheliswe,
kufakazelwe ngofakazi ezweni lakwaBenjamini, nasemaphethelweni
aseJerusalema, nasemizini yakwaJuda, nasemizini yasezintabeni, nasemizini
yasehlanzeni, nasemizini yaseningizimu, ngokuba ngiyakukubuyisa
ukuthunjwa kwabo, usho uJehova.

## UJeremiya 33

### Izithembiso zokubuyiswa kukaJuda no-Israyeli

1 Izwi likaJehova lafika kuJeremiya ngokwesibili, esavalelwe egcekeni
letilongo, lathi:

2 Usho kanje uJehova okwenzayo, uJehova okubumbayo ukuba akuqinise,
nguJehova igama lakhe, uthi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Ngibize, ngiyakukuphendula, ngikutshele izinto ezinkulu nezifihlekileyo ongazaziyo.

4 Ngokuba usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngezindlu zalo muzi nangezindlu zamakhosi akwaJuda ezidilizelwe ukuzivikela kuwo amaduli nenkemba, uthi:

5 Bafika ukulwa namaKaledi, bazigcwalisa ngezidumbu zabantu engibabulele ngentukuthelo yami nangokufutheka kwami, nengifihlele lo muzi ubuso bami ngenxa yabo bonke ububi babo.

6 Bheka, ngiyakuwulethela impilo nokuphulukiswa, ngibelaphe, ngibambulele ukuthula nokulondeka okuningi.

7 Ngiyakukubuyisa ukuthunjwa kukaJuda nokuthunjwa kuka-Israyeli, ngibakhe njengakuqala.

8 Ngiyakubahlambulula kubo bonke ububi babo abone ngabo kimi, ngithethelele zonke izono zabo abone ngazo kimi nabaphambuke kimi ngazo.

9 Umuzi uyakuba yigama lokujabula kimi, nelodumo, nelendumiso ngaphambi kwezizwe zonke zomhlaba eziyakuzwa konke okuhle engibenzela khona, zesabe, zithuthumele ngakho konke okuhle nangakho konke ukuthula engiwenzela khona.

10 Usho kanje uJehova, uthi: Kuyakubuye kuzwakale kule ndawo enithi ngayo ichithekile, ayinamuntu nazilwane, nasemizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema ezichithekileyo ezingenamuntu nazilwane,

11 izwi lokujabula nezwi lokuthokoza, izwi lomyeni nezwi lomakoti, izwi labathi: Bongani uJehova Sebawoti, ngokuba uJehova muhle, ngokuba umusa wakhe umi phakade, nelabaletha iminikelo yokubonga endlini kaJehova. Ngokuba ngiyakukubuyisa ukuthunjwa kwezwe njengakuqala, usho uJehova.

12 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Kuyakubuye kube khona kule ndawo echithekileyo, engenamuntu nazilwane, nakuyo yonke imizi yayo ikhaya labelusi abenza ukuba izimvu zabo zibuthise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Emizini yasezintabeni, nasemizini yasehlanzeni, nasemizini yaseningizimu, nasezweni lakwaBenjamini, nasemaphethelweni aseJerusalema, nasemizini yakwaJuda izimvu ziyakubuye zidlule phansi kwezandla zozibalayo, usho uJehova.

14 Bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, engiyakuliqinisa ngazo izwi elihle engilikhulume ngendlu ka-Israyeli nangendlu kaJuda.

15 Ngalezo zinsuku nangaleso sikhathi ngiyakuhlumisela uDavide iHlumela Lokulunga; liyakwenza ukwahlulela nokulunga emhlabeni.

16Ngalezo zinsuku uJuda uyakusindiswa, neJerusalema liyakuhlala lilondekile; yileli gama eliyakubizwa ngalo, elithi: UJEHOVA UNGUKULUNGA KWETHU.

17 Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Akuyikunqunywa kuDavide umuntu oyakuhlala esihlalweni sobukhosi sendlu ka-Israyeli,

18kunganqunywa futhi kubapristi amaLevi umuntu phambi kwami oyakunikela ngeminikelo yokushiswa, ashise iminikelo yempuphu, anikele ngemihlatshelo izinsuku zonke.

19Izwi likaJehova lafika kuJeremiya, lathi:

20 Usho kanje uJehova, uthi: Uma naphula isivumelwano sami semini nesivumelwano sami sobusuku, kuze kungabikho imini nobusuku ngesikhathi sakho,

21khona isivumelwano sami noDavide inceku yami siyakwaphulwa ukuze angabi nandodana yokubusa esihlalweni sakhe sobukhosi, kanye namaLevi abapristi, izikhonzi zami.

22 Njengebandla lasezulwini lingenakubalwa, nesihlabathi solwandle singenakulinganiswa, kanjalo ngiyakwandisa inzalo kaDavide inceku yami namaLevi angikhonzayo.

23Izwi likaJehova labuye lafika kuJeremiya, lathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Awunakanga yini abakukhulumileyo laba bantu, bethi: Imindeni yomibili ayikhethayo uyilahlile na? Base bebadelela abantu bami, baze bangabe besaba yisizwe ngaphambi kwabo.

25 Usho kanje uJehova, uthi: Uma isivumelwano sami semini nesobusuku singemi, ngingamisanga izimiso zezulu nomhlaba,

26 ngiyakulahla inzalo kaJakobe nekaDavide inceku yami, ukuze ngingathathi enzalweni yakhe ababusi benzalo ka-Abrahama, neka-Isaka, nekaJakobe, ngokuba ngiyakukubuyisa ukuthunjwa kwabo, ngibahawukele.

## UJeremiya 34

### UJeremiya uyamxwayisa uSedekiya

1 Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, lapho uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, nayo yonke impi yakhe, nayo yonke imibuso yomhlaba ebuswa yisandla sakhe, nabantu bonke belwa neJerusalema nayo yonke imizi yalo, lathi:

2 Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Hamba usho kuSedekiya inkosi yakwaJuda, uthi kuye: Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakuwunikela lo muzi esandleni senkosi yaseBabele, iwushise ngomlilo.

3 Awuyikuphunyuka esandleni sayo; uyakubanjwa nokubanjwa, unikelwe esandleni sayo; amehlo akho ayakubheka amehlo enkosi yaseBabele, ikhulume nawe umlomo nomlomo; uyakuya eBabele.

4 Kepha yizwa izwi likaJehova, Sedekiya, nkosi yakwaJuda. Usho kanje uJehova ngawe, uthi: Awuyikufa ngenkemba;

5 uyakufa ngokuthula; njengokushiselwa kwawoyihlo, amakhosi okuqala ayengaphambi kwakho, kanjalo bayakukushisela wena, bakulilele, bathi: Maye, nkosi! Ngokuba ngilikhulumile izwi, usho uJehova.

6 UJeremiya umprofethi wayesekhuluma onke lawo mazwi kuSedekiya inkosi yakwaJuda eJerusalema,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 lapho impi yenkosi yaseBabele ilwa neJerusalema nayo yonke imizi yakwaJuda eseleyo, iLakishi ne-Azeka, ngokuba yiyo eyayisele phakathi kwemizi yakwaJuda iyimizi ebiyelweyo.

8 Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, lapho inkosi uSedekiya isenzile isivumelwano nabo bonke abantu baseJerusalema ukubamemezela ukukhululeka,

9 ukuba yilowo nalowo akhulule isigqila sakhe, yilowo nalowo isigqilakazi sakhe, umHeberu nomHeberukazi, ukuze kungabikho muntu okhonzisa umfowabo kwaJuda.

10 Zalalela zonke izikhulu, nabo bonke abantu ababengene esivumelwaneni ukuba bavumele, kube yilowo nalowo isigqila sakhe, yilowo nalowo isigqilakazi sakhe, ukuba zihambe, zikhululeke, kungabe kusaba khona okhonzisayo; bezwa, bavuma ukuba bahambe.

11 Kepha emva kwalokho baphenduka, bazibuyisa izigqila nezigqilakazi ababezivumele ukuba zihambe, zikhululeke, bazithobisa zaba yizigqila nezigqilakazi.

12 Ngalokho izwi likaJehova lafika kuJeremiya livela kuJehova, lathi:

13 Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Mina ngenza isivumelwano nawoyihlo mhla ngibakhipha ezweni laseGibithe endlini yeziboshwa, ngathi:

14 Ngasekugcineni kweminyaka eyisikhombisa niyakuvumela, kube yilowo nalowo umfowabo ongumHeberu othengisiwe kuwe, wakukhonza iminyaka eyisithupha, ukuba ahambe, nimdedele, akhululeke kini. Kepha oyihlo abangilalelanga, ababekanga izindlebe.

15 Nina-ke seniphendukile namuhla, nenza okulungile emehlweni ami ngokumemezela ukukhululeka, kube yilowo nalowo kumakhelwane wakhe, nenza isivumelwano ngaphambi kwami endlini ebizwa ngegama lami.

16 Kepha seniphendukile futhi, nalihlambalaza igama lami, nabuyisa, kwaba yilowo nalowo isigqila sakhe, yilowo nalowo isigqilakazi sakhe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

enanizivumele ukuba zihambe, zikhululeke ngokuthanda kwazo, nazithobisa ukuba zibe yizigqila zenu nezigqilakazi zenu.

17 Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Nina aningilalelanga ukuba nimemezele ukukhululeka, kube yilowo nalowo kumfowabo, yilowo nalowo kumakhelwane wakhe; bhekani, sengiyanimemezela ukukhululeka, usho uJehova, nginikhululele inkemba, nesifo, nendlala, nginenze ukuba nihlupheke emibusweni yonke yomhlaba.

18 Ngiyakunikela abantu abeqile isivumelwano sami, abangawaqinisanga amazwi esivumelwano abasenzile ngaphambi kwami mhla bedabula kabili ithole, bedlula phakathi kwezinhlangothi zalo,

19 ngisho izikhulu zakwaJuda, nezikhulu zaseJerusalema, nabathenwa, nabapristi, nabo bonke abantu bezwe ababedlula phakathi kwezinhlangothi zethole,

20 yebo, ngiyakubanikela esandleni sezitha zabo nasesandleni sabafuna ukuphila kwabo, izidumbu zabo zibe ngukudla kwezinyoni zezulu nokwezilwane zomhlaba.

21 USedekiya, inkosi yakwaJuda, nezikhulu zakhe, ngiyakubanikela esandleni sezitha zabo, nasesandleni sabafuna ukuphila kwabo, nasesandleni sempi yenkosi yaseBabele, asebenyukile kini.

22 Bheka, ngiyakubayala, usho uJehova, ngibabuyisele kulo muzi; bayakulwa nawo, bawuthathe, bawushise ngomlilo, ngenze imizi yakwaJuda ibe yincithakalo ingahlalwa muntu.

## UJeremiya 35

### AmaRekabi

1 Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova ezinsukwini zikaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, lathi:

2 Yiya endlini yamaRekabi, ukhulume kuwo, uwangenise endlini kaJehova kwelinye lamakamelo ayo, uwaphuzise iwayini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Ngase ngithatha uJahazaniya indodana kaJeremiya kaHabasiniya nabafowabo, nawo onke amadodana akhe, nayo yonke indlu yamaRekabi,

4 ngabangenisa endlini kaJehova ekamelweni lamadodana kaHanani indodana ka-Igidaliya, umuntu kaNkulunkulu owayeseceleni kwekamelo lezikhulu elaliphezu kwekamelo likaMahaseya indodana kaShalumi, umlindisango.

5 Ngabeka phambi kwamadodana endlu yamaRekabi izimbizana ezigcwele iwayini nezindebe, ngathi kubo: Phuzani iwayini.

6 Kepha bathi: Asiyikuphuza iwayini, ngokuba uJonadaba, indodana kaRekabi ubaba, wasiyala wathi: Aniyikuphuza iwayini, nina namadodana enu, kuze kube nini,

7 futhi ningakhi indlu, ningahlwanyeli imbewu, ningatshali isivini, ningabi naso, ngokuba niyakuhlala ematendeni zonke izinsuku zenu ukuba nihlale izinsuku eziningi lapho nigogobele khona.

8 Sililalele izwi likaJonadaba indodana kaRekabi ubaba kukho konke asiyala ngakho ukuba singaphuzi iwayini zonke izinsuku zethu, thina nawomkethu, namadodana ethu, namadodakazi ethu,

9 singakhi izindlu ukuba sihlale kuzo; futhi isivini, nensimu, nembewu asinakho.

10 Kepha sihlale ematendeni, salalela, senza njengakho konke uJonadaba ubaba asiyala ngakho.

11 Kwathi lapho uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, enyukele ezweni, sathi: Siyakuya nokuya eJerusalema, sisuke empini yamaKaledi nasempini yama-Aramu. Sase sakha-ke eJerusalema.

12 Izwi likaJehova lafika kuJeremiya, lathi:

13 Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Hamba usho kumadoda akwaJuda nakwabakhileyo eJerusalema, uthi: Aniyikwamukela ukulaywa ukuba niwalalele amazwi ami na? usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Agciniwe amazwi kaJonadaba indodana kaRekabi ayala ngawo amadodana akhe okuba angaphuzi iwayini; kuze kube namuhla awaliphuzanga, ngokuba alalela umyalo kayise. Nami ngikhulume kini, ngikhuluma njalonjalo, kepha kaningilalelanga.

15 Futhi ngithume kini zonke izinceku zami abaprofethi, ngibathuma njalonjalo, ngokuthi: Ake nibuye, kube yilowo nalowo endleleni yakhe embi, nenze imisebenzi yenu ibe mihle, ningalandeli abanye onkulunkulu ukuba nibakhonze; khona niyakuhlala ezweni engilinike nina nawoyihlo. Kepha anibekanga izindlebe zenu, aningizwanga.

16Njengokuba amadodana kaJonadaba indodana kaRekabi egcinile umyalo kayise awayala ngawo, kepha laba bantu bengangilalelanga.

17 Ngalokho usho kanje uJehova uNkulunkulu Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakwehlisela phezu kukaJuda naphezu kwabo bonke abakhileyo eJerusalema konke okubi engikukhulume kubo, ngokuba ngikhulumile kubo kepha kabalalelanga, ngibabizile kepha kabaphendulanga.

18UJeremiya wathi kuyo indlu yamaRekabi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Ngenxa yokuba niwulalele umyalo kaJonadaba uyihlo, nagcina yonke imiyalo yakhe, nenza ngakho konke aniyala ngakho,

19ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: UJonadaba indodana kaRekabi akayikunqunyelwa muntu wokuma phambi kwami kuze kube phakade.

## UJeremiya 36

### Ukushiswa komqulu wencwadi

1 Kwathi ngomnyaka wesine kaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, leli zwi lafika kuJeremiya livela kuJehova, lathi:

2 Zithathele umqulu wencwadi, ulobe kuwo onke amazwi engiwakhulume kuwe ngo-Israyeli nangoJuda, nangazo zonke izizwe, kusukela osukwini engakhuluma ngalo kuwe, kusukela ezinsukwini zikaJosiya kuze kube namuhla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Mhlawumbe indlu yakwaJuda iyakuzwa konke okubi engicabanga ukukwenza kuyo ukuba ibuye, kube yilowo nalowo endleleni yakhe embi, ngiyithethelele amacala ayo nezono zayo.

4 UJeremiya wayesebiza uBaruki indodana kaNeriya; uBaruki waloba emqulwini wencwadi onke amazwi kaJehova ayewakhulume kuye, ewathatha emlonyeni kaJeremiya.

5 UJeremiya wamyala uBaruki ngokuthi: Ngivalelwe, anginakungena endlini kaJehova.

6 Hamba wena, ufunde emqulwini owulobileyo, uthathe emlonyeni wami, amazwi kaJehova ezindlebeni zabantu endlini kaJehova ngosuku lokuzila ukudla, uwafunde nasezindlebeni zabo bonke abakwaJuda abavela emizini yakubo.

7 Mhlawumbe ukunxusa kwabo kuyakufika phambi kukaJehova, babuye, kube yilowo nalowo endleleni yakhe embi, ngokuba inkulu intukuthelo nokufutheka akukhulumileyo uJehova ngalaba bantu.

8 UBaruki indodana kaNeriya wenza njengakho konke uJeremiya umprofethi amyala ngakho, efunda encwadini amazwi kaJehova endlini kaJehova.

9 Kwathi ngomnyaka wesihlanu kaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, ngenyanga yesishiyagalolunye bonke abantu baseJerusalema nabo bonke abantu ababevela emizini yakwaJuda beza eJerusalema, bamemezela ukuzila ukudla phambi kukaJehova.

10 UBaruki wayesefunda encwadini amazwi kaJeremiya endlini kaJehova ekamelweni likaGemariya indodana kaShafani umbhali egcekeni lasenhla ngasesikhaleni sesango elisha lendlu kaJehova ezindlebeni zabantu bonke.

11 UMikhaya indodana kaGemariya kaShafani wezwa onke amazwi kule ncwadi,

12 wehlela endlini yenkosi ekamelweni lombhali; bheka, kwakuhlezi khona zonke izikhulu, u-Elishama umbhali, noDelaya indodana kaShemaya, no-

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

Elinathani indodana ka-Akibori, noGemariya indodana kaShafani, noSedekiya indodana kaHananiya, zonke izikhulu.

13UMikhaya wazitshela onke amazwi ayewezwile, lapho uBaruki eyifunda incwadi ezindlebeni zabantu.

14Ngalokho zonke izikhulu zathuma uJehudi indodana kaNethaniya kaShelemiya kaKushi kuBaruki, zathi: Umqulu owufundileyo ezindlebeni zabantu wuthathe ngesandla sakho, uze nawo. UBaruki indodana kaNeriya wawuthatha umqulu ngesandla sakhe, weza kuzo.

15Zathi kuye: Ake uhlale phansi, ufunde ezindlebeni zethu. UBaruki wayesefunda ezindlebeni zazo.

16Kwathi lapho sezizwile onke amazwi, zaphendukelana ngokwesaba, kwaba yileso naleso kumakhelwane waso, zathi kuBaruki: Siyakuyitshela nokuyitshela inkosi lawa mazwi.

17Zambuza uBaruki, zathi: Ake usitshele ukuthi wawaloba kanjani onke lawa mazwi, uwathatha emlonyeni wakhe, na?

18UBaruki wathi kuzo: Wawaphumisela onke lawa mazwi kimi ngomlomo wakhe, ngawaloba encwadini ngoyinki.

19Zase zithi izikhulu kuBaruki: Hamba ucashe, wena noJeremiya, kungazi muntu lapho nikhona.

20Zase zingena enkosini egcekeni; sezibeke umqulu ekamelweni lika-Elishama umbhali zalanda onke amazwi ezindlebeni zenkosi.

21Inkosi yayisimthuma uJehudi ukuba awulande umqulu; wawukhipha ekamelweni lika-Elishama umbhali. UJehudi wawufunda ezindlebeni zenkosi nasezindlebeni zazo zonke izikhulu ezazimi ngasenkosini.

22Inkosi yayihlezi endlini yobusika ngenyanga yesishiyagalolunye, iziko elivuthayo liphambi kwayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Kwathi lapho uJehudi esefundile amakhasi amathathu noma amane, yawasika ngommese womlobi, yawaphonsa emlilweni oseziko, waze waphela wonke umqulu emlilweni oseziko.

24Azesabanga, aziklebhulanga izingubo zazo, inkosi nezinceku zayo ezaziwezwa onke lawa mazwi.

25O-Elinathani noDelaya noGemariya babekhulekile enkosini ukuba ingashisi umqulu, kepha ayibezwanga.

26Inkosi yayala uJerameli indodana yenkosi, noSeraya indodana ka-Aziriyeli, noShelemiya indodana ka-Abideyeli ukuba babambe uBaruki umbhali noJeremiya umprofethi, kepha uJehova wabafihla.

27Lase lifika izwi likaJehova kuJeremiya, inkosi isishisile umqulu namazwi awaloba uBaruki, ewathatha emlonyeni kaJeremiya, lithi:

28 Buya, uzithathele omunye umqulu, ulobe kuwo onke amazwi okuqala ayesemqulwini wokuqala, awushisa uJehoyakimi inkosi yakwaJuda.

29NgoJehoyakimi inkosi yakwaJuda uyakusho uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Uwushisile lo mqulu ngokuthi: Ulobeleni kuwo ukuthi inkosi yaseBabele iyakufika nokufika ukuchitha leli zwe, yenze ukuba kuphele kulo abantu nezilwane, na?

30 Ngalokho usho kanje uJehova ngoJehoyakimi inkosi yakwaJuda, uthi: Akayikuba namuntu wokuhlala esihlalweni sobukhosi sikaDavide; isidumbu sakhe siyakuntshingwa ekushiseni kwasemini nasesithwathweni sasebusuku.

31Ngiyakumjezisa yena nenzalo yakhe nezinceku zakhe ngokona kwabo, ngehlisele phezu kwabo, naphezu kwabakhileyo eJerusalema, naphezu kwabantu bakwaJuda konke okubi engikukhulume ngabo, bengalalelanga kodwa.

32UJeremiya wayesethatha omunye umqulu, wawunika uBaruki umbhali, indodana kaNeriya, owaloba kuwo, ewathatha emlonyeni kaJeremiya onke amazwi encwadi uJehoyakimi inkosi yakwaJuda ayeyishisile ngomlilo; kwathasiselwa kuwo amanye amazwi amaningi anjengawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

## UJeremiya 37

1 USedekiya, indodana kaJosiya, waba yinkosi esikhundleni sikaKhoniya,
indodana kaJehoyakimi, wabekwa inkosi ezweni lakwaJuda
nguNebukadinesari, inkosi yaseBabele.

2Kepha yena nezinceku zakhe nabantu bezwe abawalalelanga amazwi
kaJehova awakhulumayo ngesandla sikaJeremiya umprofethi.

3 USedekiya inkosi wathuma uJehukali, indodana kaShelemiya, noZefaniya,
indodana kaMahaseya, umpristi, kumprofethi uJeremiya, wathi: Ake
usikhulekele kuJehova uNkulunkulu wethu.

4UJeremiya wangena, waphuma phakathi kwabantu, ngokuba
babengakamfaki etilongweni.

5Impi kaFaro yayisiphumile eGibithe; lapho amaKaledi avimbezela
iJerusalema ekuzwa, akhuphuka eJerusalema.

6Lase lifika izwi likaJehova kumprofethi uJeremiya, lithi:

7 Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Niyakusho kanje
enkosini yakwaJuda eyanithuma kimi ukubuza kimi, nithi: Bheka, impi
kaFaro ephume ukunisiza iyakubuyela eGibithe, izwe lakubo.

8 AmaKaledi ayakubuya, alwe nalo muzi, awuthathe, awushise ngomlilo.

9 Usho kanje uJehova, uthi: Ningazikhohlisi ngokuthi: AmaKaledi ayakusuka
nokusuka kithi; ngokuba awayikusuka.

10Ngokuba noma benichithile impi yonke yamaKaledi elwa nani, kwaze
kwasala abantu abagwaziweyo bodwa phakathi kwabo, bona bebeyakuvuka,
kube yilowo nalowo etendeni lakhe, bawushise lo muzi ngomlilo.

11Kwathi lapho impi yamaKaledi isikhuphukile eJerusalema ngokwesaba impi
kaFaro,

12uJeremiya waphuma eJerusalema ukuba aye ezweni lakwaBenjamini
ukuthola khona isabelo sakhe phakathi kwabantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Lapho esesangweni lakwaBenjamini, kwakukhona lapho inkosi yabalindi
egama layo lalingu-Iriya indodana kaShelemiya kaHananiya; yambamba
uJeremiya umprofethi, yathi: Uyahlubukela kumaKaledi.

14Kepha uJeremiya wathi: Amanga. Angihlubukeli kumaKaledi. Kepha
ayimlalelanga; u-Iriya wayesembamba uJeremiya, wamyisa ezikhulwini.

15Izikhulu zamthukuthelela uJeremiya, zamshaya, zamfaka etilongweni
endlini kaJonathani umbhali, ngokuba zaziyenze itilongo.

16 Lapho uJeremiya esengene endlini yomgodi ezindlwaneni ezingaphansi,
uJeremiya esehlale khona izinsuku eziningi,

17 uSedekiya inkosi wathumela wamlanda; inkosi yambuza ngasese endlini
yayo, yathi: Kukhona izwi elivela kuJehova na? UJeremiya wathi: Likhona.
Wathi futhi: Uyakunikelwa esandleni senkosi yaseBabele.

18UJeremiya wathi futhi enkosini uSedekiya: Ngoneni kuwe, nasezincekwini
zakho, nakulaba bantu ukuba ningifake etilongweni na?

19Baphi manje abaprofethi benu ababeprofetha kini ngokuthi: Inkosi
yaseBabele ayiyikunehlela nina naleli zwe, na?

20Ake uzwe manje, nkosi yami, nkosi; ukunxusa kwami makufike phambi
kwakho ukuba ungangibuyiseli endlini kaJonathani umbhali, funa ngifele
khona.

21 USedekiya inkosi wayeseyala ukuba bambeke uJeremiya egcekeni
letilongo, bamnika imihla ngemihla iqebelengwane lesinkwa livela
esiTaladini Sabaphekizinkwa, kwaze kwaphela isinkwa sonke emzini.
UJeremiya wahlala-ke egcekeni letilongo.

## UJeremiya 38

### Ukukhululwa kukaJeremiya emgodini

1 UShefathiya indodana kaMathani, noGedaliya indodana kaPhashuri,
noJukali indodana kaShelemiya, noPhashuri indodana kaMalikhiya bawezwa
amazwi uJeremiya awakhulumayo kubo bonke abantu ukuthi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

2 Usho kanje uJehova, uthi: Osele kulo muzi uyakufa ngenkemba, nangendlala, nangesifo, kepha ophumela kumaKaledi uyakuphila, nokuphila kwakhe kuyakuba yimpango kuye, aphile.

3 Usho kanje uJehova, uthi: Lo muzi uyakunikelwa nokunikelwa esandleni sempi yenkosi yaseBabele, iwuthathe.

4 Zase zithi izikhulu enkosini: Makabulawe lo muntu, njengokuba edangalisa izandla zamadoda empi asele kulo muzi nezandla zabantu bonke ngokukhuluma amazwi anjalo kubo, ngokuba lo muntu akafuni ukuthula kwalaba bantu, ubafunela okubi.

5USedekiya inkosi wayesethi: Bhekani, usesandleni senu, ngokuba inkosi ayinamandla okuphambana nani ngalutho.

6 Zase zimthatha uJeremiya, zamphonsa emgodini kaMalikhiya indodana yenkosi owawusegcekeni letilongo, bamehlisa uJeremiya ngezintambo. Emgodini kwakungekho manzi, udaka lodwa; uJeremiya washona odakeni.

7U-Ebedi Meleki umKushe, umthenwa, owayesendlini yenkosi, esezwile ukuthi bamfake uJeremiya emgodini, inkosi ihlezi esangweni lakwaBenjamini,

8u-Ebedi Meleki waphuma endlini yenkosi, wakhuluma enkosini, wathi:

9 Nkosi yami, nkosi, laba bantu benzile okubi ngakho konke abakwenzile kuJeremiya umprofethi, abamphonsile emgodini; uyakufela endaweni lapho ekhona ngokulamba, ngokuba akusekho ukudla emzini.

10Inkosi yayisimyala u-Ebedi Meleki umKushe, ithi: Thatha lapha abantu abangamashumi amathathu, uhambe nabo, umkhiphe uJeremiya umprofethi emgodini, engakafi.

11U-Ebedi Meleki wabathatha abantu, wahamba nabo, waya endlini yenkosi phansi kwendlu yengcebo, wakhipha khona amadlephudlephu amadala namanikiniki abolileyo, wawehlisela kuJeremiya emgodini ngezintambo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12U-Ebedi Meleki umKushe wathi kuJeremiya: Faka lawa madlephudlephu amadala namanikiniki abolileyo emakhwapheni phansi kwezintambo. UJeremiya wenze njalo.

13Base bemdonsa uJeremiya ngezintambo, bamkhipha emgodini; uJeremiya wahlala egcekeni letilongo.

### UJeremiya uhlangana ngasese noSedekiya

14USedekiya inkosi wathumela wamthatha uJeremiya umprofethi, wamzisa kuye esikhaleni sesithathu esisendlini kaJehova; inkosi yathi kuJeremiya: Ngithanda ukubuza into kuwe, ungangifihleli lutho.

15UJeremiya wathi kuSedekiya: Uma ngikutshela, awuyikungibulala nokungibulala na? Uma ngikululeka, awuyikungilalela.

16Inkosi uSedekiya yayisifunga ngasese kuJeremiya, yathi: Kuphila kukaJehova owasenzela lo mphefumulo, angiyikukubulala, futhi angiyikukunikela esandleni salawa madoda afuna ukuphila kwakho.

17Wayesethi uJeremiya kuSedekiya: Usho kanje uJehova uNkulunkulu Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Uma uphuma nokuphuma, uye ezikhulwini zenkosi yaseBabele, umphefumulo wakho uyakuphila, futhi lo muzi awuyikushiswa ngomlilo, uphile wena nendlu yakho;

18kepha uma ungaphumi uye ezikhulwini zenkosi yaseBabele, lo muzi uyakunikelwa esandleni samaKaledi, awushise ngomlilo, ungaphunyuki esandleni sabo.

19Inkosi uSedekiya yathi kuJeremiya: Ngiyesaba abaJuda abahlubukele kumaKaledi, funa nginikelwe esandleni sabo, bangiklolodele.

20Kepha uJeremiya wathi: Abayikukunikela. Ake ulilalele izwi likaJehova kulokhu engikukhulumayo kuwe; kuyakuba kuhle kuwe, umphefumulo wakho uphile.

21Kepha uma wala ukuphuma, yileli zwi uJehova angibonisile lona lokuthi:

22 Bheka, bonke abesifazane abasele endlini yenkosi yakwaJuda bayakukhishelwa izikhulu zenkosi yaseBabele; bheka, bayakuthi: Abahlobo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bakho abakhulu bakududile, bakwahlula; kepha lapho izinyawo zakhe zishone exhaphozini, babuyele emuva.

23 Bayakukhiphela amaKaledi bonke abafazi bakho nabantwana bakho; awuyikuphunyuka esandleni sabo, kepha uyakubanjwa ngesandla senkosi yaseBabele, wenze ukuba lo muzi ushiswe ngomlilo.

24USedekiya wayesethi kuJeremiya: Makungabikho muntu owazi lawa mazwi, funa ufe.

25Uma izikhulu zizwa ukuthi ngikhulumile nawe, bese zifika kuwe, zithi kuwe: Ake usitshele okukhulumileyo enkosini, ungasifihleli khona, asiyikukubulala, nalokho inkosi eyakukhuluma kuwe,

26 uyakuthi kubo: Nganxusa enkosini ukuba ingangibuyiseli endlini kaJonathani, funa ngifele khona.

27Zonke izikhulu zafika kuJeremiya, zambuza. Wazitshela onke lawa mazwi inkosi emyale ngawo. Zathula, zasuka kuye, ngokuba indaba ayizwakalanga.

28Kepha uJeremiya wasala egcekeni letilongo, kwaze kwafika usuku elanqotshwa ngalo iJerusalema.

## UJeremiya 39

### Ukunqotshwa kweJerusalema

1 Kwathi lapho iJerusalema selinqotshiwe ngomnyaka wesishiyagalolunye kaSedekiya, inkosi yakwaJuda, ngenyanga yeshumi kwafika uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, nempi yakhe yonke eJerusalema, walivimbezela;

2ngomnyaka weshumi nanye kaSedekiya ngenyanga yesine ngolwesishiyagalolunye lwenyanga umuzi wafohlwa

3kwangena zonke izikhulu zenkosi yaseBabele, zahlala esangweni eliphakathi, oNerigali Sareseri, noSamigari Nebo, noSaresekimi induna yezinceku, noNerigali Sareseri induna yabapristi, kanye nazo zonke ezinye izikhulu zenkosi yaseBabele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Kwathi lapho uSedekiya inkosi yakwaJuda nawo onke amadoda empi bezibona, babaleka, bephuma emzini ebusuku ngendlela yensimu yenkosi ngesango phakathi kwezingange zombili; waphuma ngendlela yase-Araba.

5Kepha impi yamaKaledi yabaxosha, yamfica uSedekiya emahlane aseJeriko, yambamba, yamkhuphulela kuNebukadinesari, inkosi yaseBabele, eRibila ezweni laseHamati, wamahlulela.

6Inkosi yaseBabele yabulala amadodana kaSedekiya eRibila phambi kwamehlo akhe; futhi inkosi yaseBabele yabulala bonke abakhulu bakwaJuda.

7Yakhipha namehlo kaSedekiya, yambopha ngamaketanga ukuba imyise eBabele.

8AmaKaledi ashisa indlu yenkosi nezindlu zabantu ngomlilo, azidiliza izingange zaseJerusalema.

9Insali yabantu ababesala emzini, nabahlubuki ababehlubukela kuye, nensali yabantu abaseleyo uNebuzaradani induna yabalindi wabathumbela eBabele.

10Kepha uNebuzaradani induna yabalindi wabashiya abantu abampofu ababengenalutho ezweni lakwaJuda, wabanika izivini namasimu ngasikhathi sinye.

11UNebukadinesari, inkosi yaseBabele, wamyala uNebuzaradani, induna yabalindi, ngoJeremiya, wathi:

12 Mthathe, umbheke, ungamenzeli lutho olubi, kepha wenze kuye njengokusho kwakhe kuwe.

13UNebuzaradani induna yabalindi kanye noNebushazibani induna yezinceku, noNerigali Sareseri induna yabapristi, nezikhulu zonke zenkosi yaseBabele base bethumela,

14 bathuma bamkhipha uJeremiya egcekeni letilongo, bamnikeza kuGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani ukuba amyise ekhaya; wayesehlala phakathi kwabantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[15]Lase lifika izwi likaJehova kuJeremiya esavalelwe egcekeni letilongo, lithi:

[16] Hamba ukhulume ku-Ebedi Meleki umKushe, uthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakwehlisela amazwi ami kulo muzi kube kubi, kungabi kuhle, abe ngaphambi kwakho ngalolo suku.

[17]Kepha ngiyakukophula ngalolo suku, usho uJehova, unganikelwa esandleni sabantu obesabayo.

[18]Ngokuba ngiyakukukhulula nokukukhulula, awuyikuwa ngenkemba, kepha ukuphila kwakho kuyakuba yimpango kuwe, ngokuba ungethembile, usho uJehova.

## UJeremiya 40

### UGedaliya

[1]Izwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, uNebuzaradani induna yabalindi esemvumele ukuba asuke eRama ngokumthatha eboshiwe ngamaketanga phakathi kwabo bonke abathunjwa baseJerusalema nakwaJuda ababeyakuthunjelwa eBabele.

[2]Induna yabalindi yamthatha uJeremiya, yathi kuye: UJehova uNkulunkulu wakho wakhuluma lokhu okubi kule ndawo;

[3]usekulethile uJehova, wakwenza njengokukhuluma kwakhe, ngokuba nonile kuJehova, kanililalelanga izwi lakhe; ngalokho le nto inehlele.

[4]Bheka, manje sengiyakukhulula namuhla emaketangeni asezandleni zakho. Uma kukuhle emehlweni akho ukuya nami eBabele, woza ngiyakukubheka; kepha uma kukubi emehlweni akho ukuya nami eBabele, kuyeke; bheka, izwe lonke lisebusweni bakho; lapho kukuhle nalapho kulungile emehlweni akho ukuya khona, yiya lapho.

[5]Engakabuyi, yathi: Buyela kuGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani, inkosi yaseBabele emenze abe ngumbusi phezu kwemizi yakwaJuda, uhlale naye phakathi kwabantu; noma lapho kulungile emehlweni akho ukuya khona, yiya lapho. Induna yabalindi yayisimnika umphako nesipho, yamvumela ukuba ahambe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Wayesehamba uJeremiya, waya kuGedaliya, indodana ka-Ahikamu, eMispa,
wahlala naye phakathi kwabantu ababesele ezweni.

7Zonke izinduna zempi ezazisendle, zona nabantu bazo, sezizwile ukuthi
inkosi yaseBabele imenzile uGedaliya indodana ka-Ahikamu umbusi ezweni
nokuthi inikele kuye abesilisa, nabesifazane, nabantwana, nabayizimpofana
bezwe abangathunjelwanga eBabele,

8 zaya kuGedaliya eMispa: u-Ishmayeli indodana kaNethaniya, noJohanani
noJonathani amadodana kaKhareya, noSeraya indodana kaThanihumeti,
namadodana ka-Efayi waseNethofa, noJahazaniya indodana yomMahakha,
bona nabantu babo.

9UGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani wafunga kubo nakubantu babo,
wathi: Ningesabi ukukhonza amaKaledi: hlalani ezweni, niyikhonze inkosi
yaseBabele, kuyakuba kuhle kini.

10Bhekani, mina ngiyakuhlala eMispa, ngiwakhonze lawo maKaledi ayakufika
kithina, kepha nina, buthani iwayini, nezithelo, namafutha, nikubeke
ezitsheni zenu, nihlale emizini yenu eniyithathileyo.

11Futhi lapho bonke abaJuda ababekwaMowabi, naphakathi kwabantwana
bakwa-Amoni, nakwa-Edomi, nababesemazweni onke sebezwile ukuthi inkosi
yaseBabele ishiyile insali kwaJuda nokuthi ibeke phezu kwabo uGedaliya
indodana ka-Ahikamu kaShafani ukuba abe ngumbusi phezu kwabo,

12bonke abaJuda babuya ezindaweni zonke ababexoshelwe kuzo, bafika
ezweni lakwaJuda kuGedaliya eMispa, babutha kakhulu iwayini nezithelo.

13UJohanani indodana kaKhareya nazo zonke izinduna zempi ezazisendle
beza kuGedaliya eMispa,

14bathi kuye: Uyazi yini ukuthi uBahalisi inkosi yabantwana bakwa-Amoni
uthume u-Ishmayeli indodana kaNethaniya ukuba akubulale na? Kepha
uGedaliya indodana ka-Ahikamu akabakholwanga.

15UJohanani indodana kaKhareya wakhuluma kuGedaliya eMispa ngasese,
wathi: Mangihambe ngimbulale u-Ishmayeli indodana kaNethaniya,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kungaziwa muntu; ubeyakukubulalelani, ukuze bonke abaJuda ababuthene kuwe bahlakazake, insali yakwaJuda ichithwe, na?

16Kepha uGedaliya indodana ka-Ahikamu wathi kuJohanani indodana kaKhareya: Awuyikwenza le nto, ngokuba ukhuluma amanga ngo-Ishmayeli.

## UJeremiya 41

1 Kwathi ngenyanga yesikhombisa u-Ishmayeli indodana kaNethaniya ka-Elishama, wozalo lwenkosi nowezikhulu zenkosi, wafika namadoda ayishumi kuGedaliya indodana ka-Ahikamu eMispa, badla khona isinkwa kanyekanye eMispa.

2Wayesesuka u-Ishmayeli indodana kaNethaniya namadoda ayishumi ayenaye, bamshaya uGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani ngenkemba, bambulala, yena inkosi yaseBabele ebimenze umbusi ezweni.

3U-Ishmayeli wabulala nabo bonke abaJuda ababe naye uGedaliya eMispa, namaKaledi, amadoda empi ayefunyanwa khona.

4Kwathi ngosuku lwesibili esembulele uGedaliya, kungaziwa muntu,

5kwafika amadoda angamashumi ayisishiyagalombili evela eShekemi, naseShilo, naseSamariya, izilevu zawo ziphuculiwe nezingubo ziklejuliwe, bezisikile, bephethe iminikelo yempuphu nempepho ezandleni zabo ukuba bakulethe endlini kaJehova.

6U-Ishmayeli indodana kaNethaniya waphuma eMispa ukubahlangabeza, ehamba ekhala. Kwathi lapho esehlangana nabo, wathi kubo: Ngenani kuGedaliya indodana ka-Ahikamu.

7Kwathi sebengenile phakathi komuzi, u-Ishmayeli indodana kaNethaniya wababulala, wabalahla emgodini, yena namadoda ayenaye.

8Kepha kwafunyanwa amadoda ayishumi phakathi kwabo asho ku-Ishmayeli, athi: Ungasibulali, ngokuba sinokolweni, nebhali, namafutha, nezinyosi okubekelelwe endle. Wayesebayeka, akababulalanga kanye nabafowabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[9] Umgodi u-Ishmayeli alahla kuwo zonke izidumbu zabantu ayebabulele wawungumgodi omkhulu owenziwa yinkosi u-Asa ngenxa kaBahasha inkosi ka-Israyeli; u-Ishmayeli indodana kaNethaniya wawugcwalisa ngababuleweyo.

[10]U-Ishmayeli wayesethumba bonke abantu abaseleyo eMispa, amadodakazi enkosi nabo bonke abantu ababesele eMispa, uNebuzaradani induna yabalindi ayebanikele kuGedaliya indodana ka-Ahikamu, yebo, u-Ishmayeli indodana kaNethaniya wabathumba, wahamba ukuba adlulele kubantwana bakwa-Amoni.

[11]Kepha lapho uJohanani indodana kaKhareya nazo zonke izinduna zempi ezazinaye sebezwile konke okubi u-Ishmayeli indodana kaNethaniya abekwenzile,

[12] bathatha bonke abantu, baya ukulwa no-Ishmayeli indodana kaNethaniya, bamfumana ngasemanzini amaningi aseGibeyoni.

[13]Kwathi lapho bonke abantu ababe no-Ishmayeli bembona uJohanani indodana kaKhareya nazo zonke izinduna zempi ezazinaye, bathokoza.

[14]Base bephenduka bonke abantu u-Ishmayeli ayebathumbile eMispa, babuya, baya kuJohanani indodana kaKhareya.

[15]Kepha u-Ishmayeli indodana kaNethaniya waphunyuka kuJohanani enamadoda ayisishiyagalombili, waya kubantwana bakwa-Amoni.

[16]UJohanani indodana kaKhareya nazo zonke izinduna zempi ezazinaye base bethatha yonke insali yabantu ayeyibuyisile ku-Ishmayeli indodana kaNethaniya eMispa, yena esembulele uGedaliya indodana ka-Ahikamu, amadoda empi, nabesifazane, nabantwana, nabathenwa ayebabuyisile eGibeyoni.

[17] Bahamba, bahlala endaweni yokuphumula eKimihamu elingaseBetlehema ukuba bahambe, bangene eGibithe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[18]ngenxa yamaKaledi, ngokuba babewesaba, lokhu u-Ishmayeli indodana kaNethaniya ebembulele uGedaliya indodana ka-Ahikamu, inkosi yaseBabele eyamenza umbusi ezweni.

## UJeremiya 42

### Ukwehlela eGibithe

[1]Zase zisondela zonke izinduna zempi, noJohanani indodana kaKhareya, noJezaniya indodana kaHoshaya, nabantu bonke abancane nabakhulu,

[2] zathi kuJeremiya umprofethi: Ukunxusa kwethu makwamukeleke ngaphambi kwakho, usikhulekele kuJehova uNkulunkulu wakho, unxusele yonke le nsali, ngokuba sisele singaba yingcosana kwabaningi, njengalokhu amehlo akho ekubona nje,

[3]ukuba uJehova uNkulunkulu wakho asibonise indlela esiyakuhamba ngayo, nalokhu esiyakukwenza.

[4]Wayesethi kubo uJeremiya umprofethi: Nginizwile; bhekani, ngiyakukhuleka kuJehova uNkulunkulu wenu njengamazwi enu; kuyakuthi noma yintoni uJehova ayakuniphendula ngayo, nginitshele yona, nginganigodleli lutho.

[5] Bathi kuJeremiya: UJehova makabe ngufakazi oqinisileyo nothembekileyo ngathi, uma singenzi njengamazwi onke uJehova uNkulunkulu wakho ayakukuthuma nawo kithi.

[6]Noma lilihle, noma lilibi, siyakulilandela izwi likaJehova uNkulunkulu wethu esikuthuma kuye ukuba kube kuhle kithi, lapho sililalela izwi likaJehova uNkulunkulu wethu.

[7]Kwathi emva kwezinsuku eziyishumi izwi likaJehova lafika kuJeremiya.

[8]Wayesembiza uJohanani indodana kaKhareya, nazo zonke izinduna zempi ezazinaye, nabo bonke abantu abancane nabakhulu, wathi kubo:

[9] Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli eningithume kuye ukubeka ukunxusa kwenu phambi kwakhe, uthi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Uma nihlala nokuhlala kuleli zwe, ngiyakunakha nginganidilizi, nginitshale nginganisiphuli, ngokuba ngiyazisola ngokubi engikwenzile kini.

11Ningayesabi inkosi yaseBabele eniyesabayo; ningayesabi, usho uJehova, ngokuba nginani ukuba nginisindise, nginophule esandleni sayo.

12Ngiyakuniphatha ngobubele ukuba inihawukele, inibuyisele ezweni lakini.

13 Kepha uma nithi: Asiyikuhlala kuleli zwe, nize ningalilaleli izwi likaJehova uNkulunkulu wenu,

14nithi: Qha, ngokuba siyakuya ezweni laseGibithe, lapho singayikubona khona impi, singezwa ukukhala kwecilongo, singalambeli ukudla, sihlale khona,

15yizwa manje izwi likaJehova wena nsali yakwaJuda; usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Uma nibhekisa nokubhekisa ubuso benu ukuya eGibithe, nihambe ukuba nigogobale khona,

16inkemba eniyesabayo iyakunifica khona ezweni laseGibithe, indlala eninovalo ngayo inamathele kini lapho eGibithe, nifele khona.

17Kuyakuba njalo bonke abantu ababhekisa ubuso babo ukuya eGibithe ukuba bagogobale khona; bayakufa ngenkemba, nangendlala, nangesifo, kungabikho kubo oyakusala, aphunyuke ebubini engiyakubehlisela phezu kwabo.

18 Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Njengalokhu intukuthelo yami nokufutheka kwami kuthululelwe phezu kwabakhileyo eJerusalema, kanjalo ukufutheka kwami kuyakuthululelwa phezu kwenu, nxa ningena eGibithe, nibe yisithuko, nesimangaliso nesiqalekiso, nehlazo, ningabe nisayibona le ndawo.

19 UJehova ukhulumile ngani ukuthi: Wena nsali yakwaJuda, ungayi eGibithe; yazi nokwazi ukuthi ngifakazile kini namuhla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20Ngokuba nazidukisa, lapho nangithuma kuJehova uNkulunkulu wenu ukuthi: Sinxusele kuJehova uNkulunkulu wethu, usitshele konke ayakukusho uJehova uNkulunkulu wethu, siyakukwenza.

21Namuhla senginitshelile, kepha anililalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wenu nakokukodwa angithume ngakho kini.

22Ngalokho yazini nokwazi ukuthi niyakufa ngenkemba, nangendlala, nangesifo endaweni enifisa ukuya kuyo ukuba nigogobale khona.

**UJeremiya 43**

1Kwathi lapho uJeremiya eseqedile ukukhuluma kubantu bonke onke amazwi kaJehova uNkulunkulu wabo, uJehova uNkulunkulu wabo amthume nawo kubo, onke lawa mazwi,

2kwakhuluma u-Azariya indodana kaHoshaya, noJohanani indodana kaKhareya, nabantu bonke abaziqhenyayo, bathi kuJeremiya: Ukhuluma amanga; uJehova uNkulunkulu wethu akakuthumanga ukuba uthi: Aniyikuya eGibithe ukuba nigogobale khona,

3kepha uBaruki indodana kaNeriya ukuqhathanisa nathi ukuba sinikelwe esandleni samaKaledi, ukuze asibulale, asithumbele eBabele.

4UJohanani indodana kaKhareya, nazo zonke izinduma zempi, nabantu bonke abalilalelanga izwi likaJehova lokuba bahlale ezweni lakwaJuda.

5 Kepha uJohanani indodana kaKhareya nazo zonke izinduna zempi bayithatha yonke insali yakwaJuda eyayibuye ezizweni zonke eyayixoshelwe kuzo ukuba igogobale ezweni lakwaJuda,

6 abesilisa, nabesifazane, nabantwana, namadodakazi enkosi, nabo bonke abantu uNebuzaradani induna yabalindi ayebashiyile kuGedaliya indodana ka-Ahikamu kaShafani, noJeremiya umprofethi, noBaruki indodana kaNeriya,

7bafika ezweni laseGibithe, ngokuba babengalilaleli izwi likaJehova; bafika eThahipanesi.

8Lase lifika izwi likaJehova kuJeremiya eThahipanesi, lithi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Thatha ngesandla sakho amatshe amakhulu, uwashiqele odakeni kuhonela ongasemnyango wendlu kaFaro eThahipanesi emehlweni abantu bakwaJuda,

10 uthi kubo: Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakuthumela ukuba ngimbambe uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, inceku yami, ngibeke isihlalo sakhe sobukhosi phezu kwalawa matshe engiwashiqeleyo, uyakweneka isivikelo sakhe phezu kwawo.

11 Uyakufika, ashaye izwe laseGibithe, abokufa babe ngabokufa, abokuthunjwa babe ngabokuthunjwa, abenkemba babe ngabenkemba.

12 Ngiyakuphemba umlilo uyakuzishisa, athumbe onkulunkulu, embathe izwe laseGibithe njengomalusi embatha ingubo yakhe, aphume eGibithe ngokuthula.

13 Uyakwaphula izinsika zaseBeti Shemeshi elisezweni laseGibithe; izindlu zawonkulunkulu baseGibithe uyakuzishisa ngomlilo.

## UJeremiya 44

### UJeremiya uyancenga abaJuda eGibithe

1 Izwi elafika kuJeremiya ngabaJuda bonke ababehlala ezweni laseGibithe, ababehlala eMigidoli, naseThahipanesi, naseNofi, nasezweni lasePhatirosi, lathi:

2 Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Nikubonile konke okubi engikwehlisele phezu kweJerusalema naphezu kwayo yonke imizi yakwaJuda; bhekani, namuhla iyincithakalo, akakho ohlala kuyo

3 ngenxa yobubi babo ababenzileyo ukuba bangicunule, behamba beshisa impepho, bekhonza abanye onkulunkulu abangabazanga bona, nani, nawoyihlo.

4 Kepha ngathuma kini zonke izinceku zami abaprofethi, ngizithuma njalonjalo, ngathi: Maningenzi le nto enengekayo engiyizondayo.

5 Kepha abalalelanga, ababekanga izindlebe zabo ukuba babuye ebubini babo, bangashiseli abanye onkulunkulu impepho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

6Kwase kuthululwa ukufutheka kwami nentukuthelo yami, kwavutha emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema, kwaba yincithakalo nokuchitheka njenganamuhla.

7 Manje usho kanje uJehova uNkulunkulu Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Nenzelani lokhu okubi okukhulu kuyo imiphefumulo yenu, ninqume kini abesilisa nabesifazane, izingane nabancelayo phakathi kukaJuda, nize ningashiyelwa nsali,

8ngokungicunula ngemisebenzi yezandla zenu, nishisela abanye onkulunkulu impepho ezweni laseGibithe, lapho niyile khona ukugogobala, ukuba ninqunywe, nibe yisiqalekiso nehlazo phakathi kwezizwe zonke zomhlaba, na?

9Nikhohliwe yini ububi bukayihlo, nobubi bamakhosi akwaJuda, nobubi bamakhosikazi awo, nobubi benu, nobubi bawomkenu ababebenza ezweni lakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema, na?

10Abazithobanga kuze kube namuhla, abesabanga, abahambanga ngomthetho wami nangezimiso zami engikubeke phambi kwenu naphambi kwawoyihlo.

11 Ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakubhekisa ubuso bami kini kube kubi, kunqunywe uJuda wonke.

12 Ngiyakuthatha insali yakwaJuda ebhekise ubuso bayo ukuba ingene ezweni laseGibithe ukuba igogobale khona, baphele bonke, bawe ezweni laseGibithe, baphele ngenkemba nangendlala, abakhulu nabancane bafe ngenkemba nangendlala, babe yisithuko, nesimangaliso, nesiqalekiso, nehlazo.

13Ngiyakubajezisa abahlala ezweni laseGibithe, njengalokho ngilijezisile iJerusalema, ngenkemba, nangendlala, nangesifo,

14kungaphunyuki, kungasali muntu ensalini yakwaJuda eye ezweni laseGibithe ukuba igogobale khona ukubuyela ezweni lakwaJuda, efisa ukubuyela kulo ukuba ihlale khona, ngokuba akuyikubuya muntu, abaphunyukileyo bodwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Ayesephendula uJeremiya onke amadoda ayekwazi ukuthi omkawo bashisela abanye onkulunkulu impepho nabo bonke abesifazane ababemi khona, ibandla elikhulu, bonke abantu ababehlala ezweni laseGibithe ePhatirosi; bathi:

16 Izwi olikhulume kithi egameni likaJehova asiyikulilalela.

17 Kepha siyakwenza nokwenza onke amazwi aphumile emilonyeni yethu, sishisele inkosikazi yezulu impepho, siyithululele iminikelo yokuphuzwa, njengalokho senzile, thina nawobaba, namakhosi ethu, nezikhulu zethu emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema, ngokuba sasisuthi isinkwa, sahlala kahle, asabona okubi.

18Kepha selokhu sayeka ukushisela inkosikazi yezulu impepho nokuyithululela iminikelo yokuphuzwa, siswele konke, siqedwe ngenkemba nangendlala.

19 Lapho sesishisela inkosikazi yezulu impepho, siyithululele iminikelo yokuphuzwa, siyenzela amaqebelengwane anesithombe sayo, siyithululelele iminikelo yokuphuzwa ngaphandle kwamadoda ethu, na?

20UJeremiya washo kubantu bonke, kwabesilisa nakwabesifazane, kubo bonke abantu abamphendule kanjalo, wathi:

21 Impepho enayishisa emizini yakwaJuda nasezitaladini zaseJerusalema nina nawoyihlo, namakhosi enu, nezikhulu zenu, nabantu bezwe, uJehova akayikhumbulanga, ayingenanga enhliziyweni yakhe, na?

22UJehova wayengasenakuthwala okubi kwemisebenzi yenu nezinengiso zenu enizenzileyo; ngalokho izwe lakini seliyincithakalo, nesimangaliso, nesiqalekiso, kungekho owakhile kulo njenganamuhla.

23Ngokuba niyishisile impepho nangokuba nonile kuJehova, ningalilalelanga izwi likaJehova, ningahambanga ngomthetho wakhe, nangezimiso zakhe, nangobufakazi bakhe, ngalokho le ngozi ihlangabezene nani njenganamuhla.

24UJeremiya wathi futhi kubantu bonke nakubo bonke abesifazane: Yizwani izwi likaJehova nina nonke bakwaJuda enisezweni laseGibithe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

25Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Nina nawomkenu nikhulumile ngemilomo yenu, nakugcwalisa ngezandla zenu, nathi: Siyakugcwalisa nokugcwalisa izithembiso zethu esizenzileyo zokushisela inkosikazi yezulu impepho nokuyithululela iminikelo yokuphuzwa. Qinisani nokuqinisa izithembiso zenu, nigcwalise nokugcwalisa izithembiso zenu.

26Ngalokho yizwani izwi likaJehova nina nonke bakwaJuda enihlala ezweni laseGibithe: Bhekani, ngifungile igama lami elikhulu, usho uJehova, Ukuthi igama lami alisayikubizwa mlomo wamuntu wakwaJuda ezweni lonke laseGibithe ukuthi: Kuphila kukaJehova.

27 Bheka, ngiyabalinda kube kubi, kungabi kuhle; bonke abantu bakwaJuda abasezweni laseGibithe bayakuphela ngenkemba nangendlala, baze baqedwe.

28Abaphunyuka enkembeni bayakubuya ezweni laseGibithe, babuyele ezweni lakwaJuda, bengaba yingcosana ngomumo; yonke insali yakwaJuda eye ezweni laseGibithe ukuba igogobale khona iyakwazi ukuthi yiliphi izwi eliyakuma, elami noma elabo.

29 Lesi siyakuba yisibonakaliso kini, usho uJehova, Ukuthi ngiyakunijezisa kule ndawo ukuba nazi ukuthi amazwi ami ayakuma amelane nani kube kubi.

30 Usho kanje uJehova, uthi: Bhekani, ngiyakunikela uFaro uHofira inkosi yaseGibithe esandleni sezitha zakhe nasesandleni sabafuna ukuphila kwakhe, njengalokho nganikela uSedekiya inkosi yakwaJuda esandleni sikaNebukadinesari, inkosi yaseBabele, isitha sakhe esasifuna ukuphila kwakhe.

## UJeremiya 45

### Isiprofetho ngoBaruki

1 Izwi uJeremiya, umprofethi, alikhuluma kuBaruki, indodana kaNeriya, ekulobeni kwakhe lawa mazwi encwadini, ewathatha emlonyeni kaJeremiya,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ngomnyaka wesine kaJehoyakimi, indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, lokuthi:

2 Usho kanje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli kuwe Baruki:

3 Uthi wena: Maye kimina! Ngokuba uJehova wenezele usizi ebuhlungwini bami, ngikhathele ukukhala, nokuthula angikufumani.

4 Uyakusho kanje kuye, uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, lokho engikwakhileyo ngiyakukudiliza, nalokhu engikutshalileyo ngiyakukusiphula, yebo, ezweni lonke.

5 Uyazifunela izinto ezinkulu na? Ungazifuni, ngokuba bheka, ngiyakwehlisela inyama yonke okubi, usho uJehova, ngikunike ukuphila kwakho kube yimpango ezindaweni zonke lapho uya khona.

## UJeremiya 46

### Isiprofetho ngeGibithe

1Izwi likaJehova elafika kuJeremiya umprofethi ngezizwe.

2 NgeGibithe ngempi kaFaro Nekho inkosi yaseGibithe eyayingasemfuleni u-Ewufrathe eKharikemishi, owayinqoba uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, ngomnyaka wesine kaJehoyakimi indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda.

3 Lungisani amahawu nezihlangu, nisondele empini.

4Bophelani amahhashi, nikhwele nina bamahhashi, nisuke nime ninezigqoko zempi, niphucuze imikhonto, nembathe amabhantshi ensimbi.

5Ngikuboneleni na? Baphelile amandla, babuyele emuva. Amaqhawe abo anqotshiwe, ayabaleka nokubaleka engabheki emuva; luvalo nxazonke, usho uJehova.

6 Onejubane makangabaleki naye, kungaphunyuki neqhawe; ngasenyakatho eceleni komfula u-Ewufrathe bayakhubeka, bawe.

7 Ngubani lo owenyuka njengeNayile, omanzi akhe agubha njengemifula.

8 IGibithe lenyuka njengeNayile, amanzi alo agubha njengemifula. Lithi: Ngiyakwenyuka, ngisibekele umhlaba; ngiyakuchitha umuzi nabahlala kuwo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Yenyukani, mahhashi, nihlanye, zinqola, aphume amaqhawe: oKushe noPhuthi ababambe izihlangu, namaLudi abambe ensala umnsalo.

10 Lolu suku lungusuku lweNkosi uJehova Sebawoti, usuku lokuphindisela lokuba aziphindisele kwabamelene naye. Inkemba iyakudla isuthe, izanelise ngegazi labo, ngokuba iNkosi uJehova Sebawoti inomhlatshelo ezweni lasenyakatho ngasemfuleni u-Ewufrathe.

11 Khuphukela kwaGileyadi, uthathe ibhalisamu, wena ntombi, ndodakazi yaseGibithe; usebenzisela ize imithi eminingi, ukuphuluka akukho kuwe.

12Izizwe zizwile ngehlazo lakho, umhlaba ugcwele ukukhala kwakho; ngokuba iqhawe likhubeka ngelinye, awa omabili kanyekanye.

13Izwi uJehova alikhuluma kuJeremiya umprofethi ngokuza kukaNebukadinesari, inkosi yaseBabele, ukuchitha izwe laseGibithe.

14 Yazisani eGibithe, nizwakalise eMigidoli, nizwakalise naseNofi naseThahipanesi, nithi: Suka ume, uzilungise, ngokuba inkemba iyadla nxazonke zakho.

15Abanamandla bakho bakhukhulelweni na? Abemanga, ngokuba uJehova wabahlohloloza.

16 Wakhubekisa abaningi, yebo, bawa omunye phezu komunye, bathi: Sukani, sibuyele kubantu bakithi nasezweni lokuzalwa kwethu, sisuke enkembeni ecindezelayo.

17Bamemeza khona, bathi: UFaro inkosi yaseGibithe ungumsindo, udlulisile isikhathi esimisiweyo.

18 Kuphila kwami, isho iNkosi egama layo linguJehova Sebawoti, impela njengeThabori phakathi kwezintaba, nanjengeKarmeli ngaselwandle, kanjalo uyakufika.

19 Zenzele izinto zokuthunjwa, ndodakazi, ohlala eGibithe, ngokuba iNofi liyakuba yincithakalo, lishiswe kungabe kusabakho ohlala kulo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20] IGibithe liyisithokazi esihle kakhulu, kepha kuvela isibawu enyakatho, sesifikile.

[21]Abaqashwa balo phakathi kwalo banjengamathole akhuluphalisiweyo; nabo babuyele emuva, babaleka kanyekanye, abemanga, ngokuba usuku lwengozi yabo lubehlele, isikhathi sokuhanjelwa kwabo.

[22]Ukuhashaza kokuhamba kwalo kunjengokwenyoka; ngokuba bahamba nempi, balifikele bephethe amazembe njengabagawuli bemithi.

[23]Bagawula ihlathi lalo, usho uJehova, ngokuba alinakuhanjwa, lokhu bebaningi kunesikhonyane, bengenakubalwa.

[24] Indodakazi yaseGibithe iyakujabhiswa, inikelwe esandleni sabantu basenyakatho.

[25] UJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakujezisa u-Amoni waseNo, noFaro, neGibithe, nawonkulunkulu balo, namakhosi alo, yebo, uFaro nabamethembayo,

[26] ngibanikele esandleni sabafuna ukuphila kwabo, nasesandleni sikaNebukadinesari, inkosi yaseBabele, nasesandleni sezinceku zakhe, andukuba lakhiwe njengasezinsukwini zasendulo, usho uJehova.

[27] Kepha ungesabi wena Jakobe, nceku yami, ungapheli amandla, Israyeli, ngokuba bheka, ngiyakukusindisa usekude, nenzalo yakho ezweni lokuthunjwa kwayo; uJakobe uyakubuya, aphumule, agcineke, angesatshiswa muntu.

[28] Ungesabi wena Jakobe, nceku yami, usho uJehova, ngokuba nginawe, ngokuba ngiyakuqeda ngokupheleleyo zonke izizwe engikuxoshele kuzo, kepha wena angiyikukuqeda; kodwa ngiyakukulaya ngokwahlulela, ngingakwenzi ube ngongenacala.

## UJeremiya 47

### Isiprofetho ngamaFilisti

[1] Izwi likaJehova elafika kuJeremiya umprofethi ngamaFilisti, uFaro engakanqobi iGaza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, amanzi ayenyuka enyakatho, abe ngumfula okhukhulayo, akhukhule izwe nokugcwala kwalo, umuzi nabakhileyo kuwo; abantu bayakukhala, bonke abakhileyo ezweni bahhewule.

3 Ngomsindo wokudubhuza kwezinselo zamahhashi akhe anamandla, nangokuduma kwezinqola zakhe, nangodumo lwamasondo akhe oyise ababheki emuva kubantwana ngenxa yobuthakathaka bezandla zabo

4 ngenxa yosuku olufika ukuchitha onke amaFilisti nokunquma eTire naseSidoni bonke abasizi abaseleyo, ngokuba uJehova uyakuwachitha amaFilisti, insali yesiqhingi saseKafitori.

5 Ubumpandla bulehlele iGaza; i-Ashikeloni liphelile, insali yesigodi sabo; uyakuzisika kuze kube nini na?

6 Awu wena nkemba kaJehova, koze kube nini ungathuli na? Buyela emgodleni wakho, uthule, uzole.

7 Ingathula kanjani, lapho iyalezwe nguJehova, na? Uyinqumele i-Ashikeloni nogu lolwandle.

## UJeremiya 48

### Isiprofetho ngoMowabi

1 NgoMowabi. Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Wo kulo iNebo, ngokuba lichithekile, iKiriyatayimi lijabhile, linqotshiwe; iMisigabi lijabhile, liphelile amandla.

2 Udumo lukaMowabi alusekho; eHeshiboni bacebe okubi ngaye ngokuthi: Wozani simnqume, angabe esaba yisizwe. Nawe Madimeni uyakuthuliswa, inkemba ikulandele.

3 Izwi lokukhala livela eHoranayimi, ukuchithwa nokuqothulwa okukhulu.

4 UMowabi uchithekile; abancane bakhe bezwakalisa ukukhala.

5 Ngokuba bakhuphuka egqumeni laseLuthite, bekhala njalo, nasekwehleni ukuya eHoronayimi bezwile usizi lokukhala kwencithakalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Balekani, nisindise ukuphila kwenu, nibe njengesihlahla esiyize ehlane.

7 Ngokuba ngenxa yokwethemba kwakho imisebenzi yakho nengcebo yakho nawe uyakubanjwa, uKemoshi aye ekuthunjweni, abapristi bakhe nezikhulu zakhe kanyekanye.

8 Umchithi uyakufikela yonke imizi, akuyikuphunyuka muzi; isigodi siyakuchithwa, ithafa liqothulwe, njengalokho uJehova eshilo.

9 Nikani uMowabi amaphiko, ngokuba uyakundiza, aphume; imizi yakhe iyakuba yincithakalo, kungabikho osahlala kuyo.

10 Makaqalekiswe owenza umsebenzi kaJehova ngokunganakekeli, aqalekiswe naye ogodla inkemba yakhe egazini.

11 UMowabi ugciniwe kwasebusheni bakhe, uphumulile enhleseni yakhe, kathululwanga ezitsheni ngezitsha, akayanga ekuthunjweni; ngalokho ukuzwakala kwakhe kuhlala kuye, nephunga lakhe aliguquki.

12 Ngalokho bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, engiyakuthuma ngazo kuye abathambekayo abayakumthambeka, bazithulule izitsha zakhe, baziphohloze izimvaba zakhe.

13 UMowabi uyakujabha ngoKemoshi, njengalokhu indlu ka-Israyeli yajabha ngeBethele, ithemba labo.

14 Ningasho kanjani ukuthi: Singamaqhawe namadoda anamandla okulwa na?

15 Umchithi kaMowabi nemizi yakhe bakhuphukile, izinsizwa zakhe ezikhethekileyo zehlele ukuyobulawa, isho iNkosi egama layo linguJehova Sebawoti.

16 Ingozi kaMowabi iseduze ukufika, usizi lwakhe lushesha kakhulu.

17 Nina nonke enimzungezayo manimkhalele; nani nonke enilaziyo igama lakhe anothi: Yeka ukwaphuka kwenduku enamandla, udondolo oluhle!

18 Yehla ebukhosini bakho, uhlale womile, ndodakazi, ohlala eDiboni, ngokuba umchithi kaMowabi ukhuphukela kuwe, achithe izinqaba zakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Yima endleleni, uqaphele wena ohlezi e-Aroweri, ubuze obalekayo nowesifazane ophunyukayo ukuthi: Kwenze njani na?

20UMowabi ujabhile, uphelile amandla; hhewulani, nikhale, nikwazise e-Arinoni ukuthi uMowabi uchithiwe.

21Ukwahlulela kwehlele izwe lethafa: iHoloni, neJahasi, neMefahati,

22neDiboni, neNebo, neBeti Dibilatayimi,

23neKiriyatayimi, neBeti Gamuli, neBeti Mehoni,

24neKeriyote, neBosira, nemizi yonke yezwe lakwaMowabi ekude noma eseduze.

25 Uphondo lukaMowabi lunqunyiwe, ingalo yakhe yaphukile, usho uJehova.

26 Mdakiseni, ngokuba uzikhukhumezile kuJehova; uMowabi makahuquzele ebuhlanzweni bakhe, abe ngohlekwayo naye.

27U-Israyeli wayengahlekwa nguwe na? Wafunyanwa phakathi kwamasela, njengokuba, lapho ukhuluma ngaye, unikina ikhanda, na?

28Shiyani imizi, nihlale esiweni nina enakhileyo kwaMowabi, nibe njengejuba elakha emaceleni omlomo wesiwa.

29 Sizwile ngokuzidla kukaMowabi okukhulu kakhulu, ukuziphakamisa kwakhe, nokuzidla kwakhe, nokuziqhenya kwakhe, nokuzikhukhumeza kwenhliziyo yakhe.

30Ngiyazi intukuthelo yakhe, usho uJehova; amacebo akhe ayinkohliso, nalokhu akwenzayo kuyinkohliso.

31Ngalokho ngiyakuhhewula ngoMowabi, ngikhale ngaye wonke uMowabi, balilisele amadoda aseKhiri Heresi.

32Ngiyakukhalela wena mvini waseSibima kunokukhala kukaJazeri; amagatsha akho adlulile ulwandle, afinyelela elwandle lwakwaJazeri; umchithi uthelekele phezu kwezithelo zenu namavini enu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33Ukuthokoza nokujabula kususiwe ensimini nasezweni lakwaMowabi; ngenze ukuba kuphele iwayini ezikhamweni; akusayikunyathelwa ngokujabula, ukumemeza akuseyikho ukumemeza.

34 Kusukela eHeshiboni elikhalayo liyezwakalisa ukukhala kwalo kuze kube se-Elehale naseJahasi, kusukela eSowari kuze kube seHoronayimi nase-Egilati Shelishiya, ngokuba namanzi aseNimrimi ayakuba yincithakalo.

35Ngiyakwenza ukuba kuphele kwaMowabi, usho uJehova, yena onikela ezindaweni eziphakemeyo noshisela onkulunkulu bakhe impepho.

36 Ngalokho inhliziyo yami ikhalela uMowabi njengemitshingo, futhi inhliziyo yami ikhalela amadoda aseKhiri Heresi njengemitshingo, ngokuba okuseleyo abakuzuzileyo kuyachitheka.

37 Ngokuba onke amakhanda ayizimpandla, nazo zonke izilevu zigundiwe; zonke izandla zisikiwe, nasezinkalweni zonke kukhona indwangu yamasaka.

38 Phezu kwazo zonke izindlu zakwaMowabi nasezitaladini zakhe kukhona isililo kuphela, ngokuba ngimaphulile uMowabi njengesitsha okungathokozi muntu ngaso, usho uJehova.

39 Yeka ukuphela kwakhe amandla. Hhewulani! Yeka ukufulathela kukaMowabi ngamahloni, uMowabi abe ngohlekwayo noqeda amandla kubo bonke abamzungezayo.

40 Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Bheka, uyandiza njengokhozi, elulele amaphiko akhe kuMowabi.

41Imizi inqotshiwe, nezinqaba zithathiwe; izinhliziyo zamaqhawe akwaMowabi ziyakuba njengenhliziyo yowesifazane onemihelo.

42UMowabi uyakuchithwa, angabe esaba yisizwe, ngokuba uzikhukhumezile kuJehova.

43 Ukwesaba, nomgodi, nogibe kuphezu kwabakhileyo kwaMowabi, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

44 Obalekela ukwesaba uyakuwela emgodini, okhuphuka emgodini uyakubanjwa ogibeni, ngokuba ngiyakwehlisela phezu kwabo, phezu kukaMowabi, umnyaka wokujeziswa kwabo, usho uJehova.

45 Emthunzini waseHeshiboni ababalekileyo bayema bephelile amandla, ngokuba umlilo uphumile eHeshiboni, nelangabi phakathi kweSihoni; udlile amacele akwaMowabi, nokhakhayi lwamadoda omsindo okulwa.

46Maye kuwena Mowabi! Abantu bakaKemoshi baphelile, ngokuba amadodana akho athunjiwe, namadodakazi akho ayiswe ekuthunjweni.

47 Kepha ngiyakubuyisa ukuthunjwa kukaMowabi ngezinsuku ezizayo, usho uJehova. Kuphela lapha ukwahlulelwa kukaMowabi.

## UJeremiya 49

### Isiprofetho ngabakwa-Amoni

1 Ngabantwana bakwa-Amoni. Usho kanje uJehova, uthi: U-Israyeli kanamadodana, kanandlalifa, na? UMilkomu udleleni ifa likaGadi, abantu bakhe bahlale emizini yakhe, na?

2Ngalokho bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho ngiyakwenza ukuba kuhlatshwe umkhosi wempi ngeRaba labantwana bakwa-Amoni; liyakuba yincithakalo, imizi yalo ishiswe ngomlilo, u-Israyeli abeselidla ifa lowalidla elakhe, usho uJehova.

3 Hhewula, Heshiboni, ngokuba i-Ayi lichithekile, nikhale, madodakazi aseRaba, nibhince izindwangu zamasaka, nilile, nigijime phakathi kwezintango, ngokuba uMilikomu uyakuya ekuthunjweni, abapristi bakhe nezikhulu zakhe kanyekanye.

4Uzidumiselani ngezigodi, isigodi sakho esichichimayo, wena ndodakazi ehlubukayo, othemba engcebeni yakho ngokuthi: Ngubani ongehlela mina, na?

5Bheka, ngiyakwehlisela phezu kwakho uvalo, isho iNkosi uJehova Sebawoti, luvela kubo bonke abakuzungezayo, nixoshwe, kube yilowo nalowo ngendlela yakhe, kungabikho obutha ababalekileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

6 Kepha ngasemuva ngiyakubuyisa ukuthunjwa kwabantwana bakwa-Amoni, usho uJehova.

### Isiprofetho ngo-Edomi

7 Ngo-Edoni. Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Akusekho ukuhlakanipha eThemani na? Amasu aphelile kwabaqondileyo, ukuhlakanipha kwabo kunyamalele, na?

8Balekani, nibuye, nihlale ezigoxini nina bakhileyo eDedani, ngokuba ngiyakwehlisela phezu kwakhe ingozi ka-Esawu ngesikhathi sokumhambela kwami.

9Uma bekufika kuwe abavuna izithelo zomvini, abayikushiya umkhothozo; namasela ebusuku abeyakuchitha aze aneliswe.

10Kepha mina ngiyakumhlubula u-Esawu, ngambule izindawo zakhe ezichithekileyo, kanakucasha; inzalo yakhe ichithekile, nabafowabo, nabakhelwane bakhe, yena abe engasekho.

11Shiya izintandane zakho, mina ngiyakuziphilisa, abafelokazi bakho bethembe kimi.

12 Ngokuba usho kanje uJehova, uthi: Bheka, labo okwakungesibo okwabo ukuphuza indebe bayakuyiphuza nokuyiphuza; ubuyakuba ngongenacala na? Awuyikuba ngongenacala, ngokuba uyakuyiphuza nokuyiphuza.

13Ngokuba ngizifungile, usho uJehova, ukuthi iBosira liyakuba yisimangaliso, nehlazo, nencithakalo, nesiqalekiso, yonke imizi yalo ibe yizincithakalo eziphakade.

14Ngizwile imibiko evela kuJehova; kuthunyiwe isithunywa phakathi kwezizwe ngokuthi: Buthanani, nilihlasele, nisukele ukulwa.

15 Ngokuba bheka, ngiyakukwenza ube mncane phakathi kwezizwe, udelelwe phakathi kwabantu.

16 Ukwesabeka kwakho kukudukisile, ukuziqhenya kwenhliziyo yakho, wena ohlezi emifantwini yamawa ubambe isiqongo sentaba; noma wakha isidleke sakho njengokhozi, ngiyakukwehlisa khona, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 U-Edomi uyakuba yisimangaliso, kumangale yilowo nalowo odlula kuye, ancimfe ngenxa yezinhlupheko zakhe.

18 Njengasekuchithweni kweSodoma neGomora nemizi yangakhona, usho uJehova, akuyikuhlala muntu khona, nendodana yomuntu ayiyikugogobala khona.

19 Bheka, njengengonyama ekhuphuka ezihlahleni zaseJordani, iye endaweni eyinqaba, ngiyakubazuma, ngibagijimise, basuke kuyo; nobani okhethwayo ngiyakumbeka phezu kwabo, ngokuba ngubani onjengami, ngubani onginqumelayo, ngumuphi umalusi oyakuma phambi kwami, na?

20 Ngalokho yizwani isiluleko sikaJehova asinike ngo-Edomi namacebo awacebile ngabakhileyo eThemani ukuthi: Abancinyane bomhlambi bayakudonswa, basuswe, ikhaya labo limangale ngabo.

21 Ngomsindo wokuwa kwabo umhlaba uyazamazama; ngukukhala okumsindo wakho uzwakele ngaseLwandle Olubomvu.

22 Bheka, onjengokhozi uyakhuphuka, andize, elulele amaphiko akhe kulo iBosira; izinhliziyo zamaqhawe akwa-Edomi ziyakuba njengenhliziyo yowesifazane onemihelo.

### Isiprofetho ngeDamaseku

23 NgeDamaseku. IHamati ne-Aripadi kujabhile, ngokuba kuzwile imibiko emibi, kuphela amandla. Kuyahlupheka njengolwandle, akunakuthula.

24 IDamaseku selibuthakathaka, liyaphenduka ukuba libaleke; ingebhe ilibambile, ukudabuka nosizi kulibambile njengowesifazane obelethayo.

25 Yeka ukushiywa komuzi wodumo, umuzi wokuthokoza kwami!

26 Ngalokho izinsizwa zawo ziyakuwa ezitaladini zalo, nawo onke amadoda empi ayakuthuliswa ngalolo suku, usho uJehova Sebawoti.

27 Ngiyakuphemba umlilo ogangeni lwaseDamaseku, uqede izindlu zobukhosi zikaBeni Hadadi.

### Isiprofetho ngeKedari neHasori

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

28 NgeKedari, nangemibuso yaseHasori ayinqobayo uNebukadinesari, inkosi yaseBabele. Usho kanje uJehova, uthi: Sukani, nikhuphukele eKedari, nichithe abantwana basempumalanga.

29 Amatende abo nemihlambi yabo niyakukuthatha, bazithuthele izilenge zabo, nazo zonke izimpahla zabo, namakamela abo, bamemeze kubo, bathi: Luvalo nxazonke.

30 Balekani, nizulazulele kude, nihlale ezigoxini nina bakhileyo eHasori, usho uJehova, ngokuba uNebukadinesari, inkosi yaseBabele wenze amasu ngani, waceba amacebo ngani.

31 Sukani, nikhuphukele kuso isizwe esizinzileyo, esihlala ngokulondeka, usho uJehova, esingenazicabha nemigoqo, sakhe sodwa.

32 Amakamela aso ayakuba yimpango, nezinkomo zaso eziningi ziyakuphangwa. Ngiyakubahlakazela emimoyeni yonke, bonke abadilingiwe emaceleni amakhanda abo, ngehlisele phezu kwabo izingozi ezivela nxazonke, usho uJehova.

33 IHasori liyakuba yindawo yokuhlala kwamakhanka nencithakalo kuze kube phakade; akuyikuhlala muntu khona, nendodana yomuntu ayiyikugogobala khona.

## Isiprofetho nge-Elamu

34 Izwi elafika kuJeremiya umprofethi nge-Elamu ekuqaleni kokubusa kukaSedekiya inkosi yakwaJuda, ngokuthi:

35 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bheka, ngiyakwaphula umnsalo we-Elamu, okokuqala kwamandla abo.

36 Ngiyakwehlisela phezu kwe-Elamu imimoya emine emikhawulweni yomine yezulu, ngibahlakazele kuyo yonke leyo mimoya, kungabe kusabakho sizwe lapho abaxoshiweyo base-Elamu bengayikufika khona.

37 Ngiyakwenza ukuba i-Elamu liphele amandla ngaphambi kwezitha zalo naphambi kwabafuna ukuphila kwabo, ngibehlisele okubi, ukufutheka

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kwentukuthelo yami, usho uJehova, ngithume inkemba emva kwabo, ngize ngibaqede.

38 Ngiyakubeka isihlalo sami sobukhosi e-Elamu, ngichithe khona inkosi nezikhulu, usho uJehova.

39 Kepha kuyakuthi ezinsukwini zokugcina ngibuyise ukuthunjwa kwe-Elamu, usho uJehova.

## UJeremiya 50

### Isiprofetho ngeBabele

1 Izwi uJehova alikhuluma ngeBabele, izwe lamaKaledi, ngesandla sikaJeremiya umprofethi.

2 Memezani phakathi kwezizwe, nikuzwakalise, nimise ibhanela, nikuzwakalise, ningakufihli, nithi: IBabele linqotshiwe, uBeli ujabhile, uMerodaki uphelile amandla; izithombe zalo zijabhile, imifanekiso yalo iphelile amandla.

3 Ngokuba kukhuphukela kulo isizwe sivela enyakatho, esiyakwenza izwe lalo libe yincithakalo, kungabikho ohlala kulo; abantu nezilwane kuyakubaleka, kuhambe.

4 Ngalezo zinsuku nangaleso sikhathi, usho uJehova, bayakufika abantwana bakwa-Israyeli, bona nabantwana bakwaJuda kanyekanye, behamba bekhala, befuna uJehova uNkulunkulu wabo.

5 Bayakubuza indlela yaseSiyoni, ubuso babo bubhekene nalo, bethi: Wozani nizihlanganise noJehova ngesivumelwano esiphakade esingenakukhohlakala.

6 Abantu bami babe yizimvu ezilahlekileyo; abelusi babo babadukisile, babazulazulisa ezintabeni, basuka entabeni, baya egqumeni, bakhohlwa indawo yabo yokuphumula.

7 Bonke ababafumanayo babaqeda; abamelene nabo bathi: Asitholi icala; ngokuba bonile kuJehova, ikhaya lokulunga, ithemba lawoyise, uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Balekani eBabele, niphume ezweni lamaKaledi, nibe njengezimpongo phambi kwezimvu.

9Ngokuba bheka, ngiyakuvusa, ngenyusele eBabele ibandla lezizwe ezinkulu, livela ezweni lasenyakatho, lizihlelele lona, linqotshwe lapho; imicibisholo yalo iyakuba njengeyeqhawe eliphumelelayo, elingabuyi ze.

10IKalideya liyakuba yimpango; bonke abaliphangayo bayakusutha, usho uJehova.

11 Noma nithokoza, noma nijabula nina baphangi befa lami, noma nixhuma njengesithokazi etshanini obuluhlaza, niyiyizela njengamahhashi anamandla,

12unyoko uyakujabha kakhulu, owangizalayo ayangaze; bheka, uyakuba ngesokugcina sezizwe, ihlane, nomhlabathi owomileyo, nogwadule.

13 Ngenxa yentukuthelo kaJehova aliyikuhlalwa muntu, kepha liyakuba yincithakalo lonke; bonke abadlula eBabele bayakumangala, bancimfe ngenxa yazo zonke izinhlupheko zalo.

14 Zihleleleni iBabele nxazonke nina nonke eninsala umnsalo, nicibishele kulo, ninganqandi imicibisholo, ngokuba lonile kuJehova.

15 Memezani kulo nxazonke; lizinikele, izisekelo zalo ziwile, izingange zalo zidiliziwe, ngokuba kuyimpindiselo kaJehova; phindiselani kulo, nenze kulo njengokwenza kwalo.

16Nqumani umhlwanyeli eBabele nobamba isikela ngesikhathi sokuvuna; ngenxa yenkemba ecindezelayo yilowo nalowo uyakubheka abantu bakhe, yilowo nalowo abalekele ezweni lakubo.

17 U-Israyeli uyimvu ezingelwayo; izingonyama zimxoshile. Kuqala wadliwa yinkosi yase-Asiriya, nangasemuva uNebukadinesari lo, inkosi yaseBabele, ugedlile amathambo akhe.

18Ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Bheka, ngiyakujezisa inkosi yaseBabele nezwe layo, njengalokho ngijezisile inkosi yase-Asiriya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Ngiyakumbuyisela u-Israyeli ekhaya lakhe, aklabe eKarmeli naseBashani, umphefumulo wakhe waneliswe ezintabeni zakwa-Efrayimi nezakwaGileyadi.

20 Ngalezo zinsuku nangaleso sikhathi, usho uJehova, kuyakufunwa ukona kuka-Israyeli, akuyikubakho, nezono zakwaJuda, kepha aziyikufunyanwa, ngokuba ngiyakubathethelela engibashiya ukuba babe yinsali.

21 Khuphukela ezweni laseMeratayimi, kulona nakwabakhileyo ePhekodi, uchithe, uqede nya emva kwabo, usho uJehova, wenze konke engikuyale ngakho.

22 Kukhona umsindo wokulwa ezweni nowencithakalo enkulu.

23 Yeka ukunqunywa nokuchithwa kwesando somhlaba wonke, yeka ukwenziwa kweBabele incithakalo phakathi kwezizwe!

24 Ngakucupha, wabanjwa, Babele, ungakwazi; wafunyanwa, wabanjwa, ngokuba ulwile noNkulunkulu.

25 UJehova uvulile indlu yakhe yezikhali, ukhiphile izikhali zokufutheka kwakhe, ngokuba iNkosi uJehova Sebawoti inomsebenzi ezweni lamaKaledi.

26 Lifikeleni nivele emkhawulweni, nivule izinqolobane zalo, nilinqwabele libe yizinqwaba, niliqede nya, kungasali lutho kulo.

27 Hlabani zonke izinkunzi zalo; mazehlele ekuhlatshweni; wo kuzona! Ngokuba usuku lwazo lufikile, isikhathi sokuhanjelwa kwazo.

28 Yizwi lababalekayo nabaphunyuka ezweni laseBabele ukuba bamemeze eSiyoni impindiselo kaJehova uNkulunkulu wethu, impindiselo ngethempeli lakhe!

29 Bizani abacibishelayo, balwe neBabele, bonke abansala umnsalo, nimise nxazonke zalo, lingabi nophunyukayo, niliphindisele njengezenzo zalo, nenze kulo njengakho konke elikwenzileyo, ngokuba lizikhukhumezile kuJehova, oNgcwele ka-Israyeli.

30 Ngalokho izinsizwa zalo ziyakuwa ezitaladini zalo, nawo onke amadoda alo empi ayakunqunywa ngalolo suku, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

31 Bheka, ngimelene nawe ozikhukhumezileyo, isho iNkosi uJehova Sebawoti,
ngokuba usuku lwakho lufikile, isikhathi sokuhanjwelwa kwakho.

32Ozikhukhumezayo uyakukhubeka, awe, angabi naye omvusayo;
ngiyakuphemba umlilo emizini yakhe, udle konke okumzungezayo.

33Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Abantwana bakwa-Israyeli nabantwana
bakwaJuda bacindezelwe kanyekanye; bonke ababathumbileyo babababamba,
abavumi ukuba bahambe.

34 Kepha umkhululi wabo unamandla, nguJehova Sebawoti igama lakhe;
uyakumela nokumela indaba yabo ukuba aphumuze umhlaba, anyakazise
abakhileyo eBabele.

35 Makufike inkemba phezu kwamaKaledi, usho uJehova, naphezu
kwabakhileyo eBabele, naphezu kwezikhulu zalo, naphezu kwezihlakaniphi
zalo.

36Inkemba ifike phezu kwabaprofethi bamanga, babe yiziwula, inkemba ifike
phezu kwamaqhawe alo, aphele amandla.

37Inkemba ifike phezu kwamahhashi alo, naphezu kwezinqola zalo, naphezu
kwayo yonke ingxubevange yabantu ephakathi kwalo, babe njengabesifazane;
inkemba ifike phezu kwengcebo yalo, ize iphangwe.

38Makufike ukusha phezu kwamanzi alo, aze ome, ngokuba yizwe
elinezithombe ezibaziweyo, bahlanya ngemifanekiso yabo.

39 Ngalokho izilwane zasehlane ziyakuhlala nezimpungushe, kuhlale khona
nezintshe; alisayikuhlalwa kuze kube phakade, lingabe lisakhiwa
izizukulwane ngezizukulwane.

40 Njengalokho uNkulunkulu wachitha iSodoma neGomora nemizi yawo
eyakheleneyo, usho uJehova, kanjalo akuyikuhlala muntu khona,
kungagogobali khona indodana yomuntu.

41 Bheka, kuvela abantu enyakatho, isizwe esikhulu namakhosi amaningi,
kuvuswe ekugcineni komhlaba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42 Babamba umnsalo nomkhonto; banonya, abanamusa; izwi labo liduma njengolwandle; bakhwele amahhashi, behleliwe njengabantu abayakulwa nawe ndodakazi yaseBabele.

43 Inkosi yaseBabele izwile udumo lwabo, izandla zayo zaba buthakathaka; usizi luyibambile, nemihelo njengeyobelethayo.

44 Bheka, njengengonyama ekhuphuka ezihlahleni zaseJordani, iye endaweni eyinqaba, ngiyakubazuma, ngibagijimise, basuke kuyo; nobani okhethwayo ngiyakumbeka phezu kwabo, ngokuba ngubani onjengami, ngubani onginqumelayo, ngumuphi umalusi oyakuma phambi kwami, na?

45 Ngalokho yizwani isiluleko sikaJehova asinike ngeBabele namacebo awacebe ngezwe lamaKaledi ukuthi: Abancinyane bomhlambi bayakudonswa, basuswe impela, ikhaya labo limangale ngabo.

46 Ngomsindo wokuthathwa kweBabele umhlaba uyazamazama, ukukhala kuzwakale phakathi kwezizwe.

## UJeremiya 51

1 Usho kanje uJehova, uthi: Ngiyakuvusela iBabele nabakhileyo eLebi Khamayi umoya womchithi.

2 Ngiyakuthuma abelayo eBabele, balele, balithulule, ngokuba ngosuku lobubi bayakuba kulo nxazonke.

3 Ocibishelayo uyakunsala umnsalo kogoba umnsalo khona, nakuye oziphakamisa ngebhantshi lakhe lensimbi; ningasindisi izinsizwa zalo, niqede nya impi yalo yonke.

4 Bayakuwa bebulewe ezweni lamaKaledi, begwaziwe ezitaladini zalo.

5 Ngokuba o-Israyeli noJuda abashiywanga nguNkulunkulu wabo, uJehova Sebawoti, noma izwe labo ligcwele icala koNgcwele ka-Israyeli.

6 Balekani eBabele, yilowo nalowo akhulule ukuphila kwakhe, ninganqunywa ngokona kwalo, ngokuba kuyisikhathi sempindiselo kaJehova, uyakuliphindisela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 IBabele beliyindebe yegolide esandleni sikaJehova eyadakisa umhlaba
wonke; izizwe zaliphuza iwayini lalo, ngalokho izizwe ziyahlanya.

8 IBabele seliwile ngokuzumayo, lachithwa; hhewulani ngalo, nithathele
ubuhlungu balo ibhalisamu; mhlawumbe lingaphiliswa.

9 Besiyakuliphilisa iBabele, kepha aliphiliswanga; lishiyeni, masihambe siye,
kube yilowo nalowo ezweni lakubo, ngokuba ukwahlulelwa kwalo
kufinyelela ezulwini, kuphakanyisiwe nasemafwini.

10 UJehova uvezile imfanelo yethu; wozani silande eSiyoni umsebenzi
kaJehova uNkulunkulu wethu.

11 Lolani imicibisholo, nibambe izihlangu. UJehova uvusile umoya
wamakhosi aseMediya, ngokuba icebo lakhe ngeBabele lingukuba alichithe,
ngokuba lokhu kuyimpindiselo kaJehova, impindiselo ngethempeli lakhe.

12 Misani ibhanela ngasezingangeni zaseBabele, niqinise umlindo, nimise
abalindi, nihlele abaqamekeli, ngokuba uJehova ukuhlosile, futhi wakwenza
lokho owakukhuluma kwabakhileyo eBabele.

13 Wena ohlala ngasemanzini amakhulu, nonengcebo eningi, sekufikile
ukugcina kwakho, isilinganiso sokuhaha kwakho.

14 UJehova Sebawoti uzifungile wathi: Noma ngikugcwalisile ngabantu
njengangezinkumbi, bayakuhalalisa nokho ngawe.

15 Wawenza umhlaba ngamandla akhe, walimisa izwe ngokuhlakanipha
kwakhe, ngokuqonda kwakhe waleneka izulu.

16 Lapho elizwakalisa izwi lakhe, kungukuhlokoma kwamanzi ezulwini;
uzikhuphula izinkungu emikhawulweni yomhlaba, enzele imvula unyazi,
awukhiphe umoya endlini yengcebo.

17 Bonke abantu bayiziphukuphuku, abanakwazi, bonke abakhandi
bajabhiswa nezithombe zabo ezibaziweyo, ngokuba izithombe zabo
ezibunjiweyo zingamanga, nomoya awukho kuzo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Ziyize, zingumsebenzi wenkohliso; ngesikhathi sokuhanjelwa kwabo
ziyakubhubha.

19Oyisabelo sikaJakobe akanjengalezo, ngokuba nguye obumbile konke, yebo,
nesizwe sefa lakhe; nguJehova Sebawoti igama lakhe.

20 Uyizembe lami nezikhali zokulwa; ngiyaphahlaza izizwe ngawe, ngawe
ngiyachitha imibuso,

21ngiphahlaze ngawe ihhashi nenkweli yalo, ngiphahlaze ngawe inqola
nohamba ngayo;

22ngiphahlaze ngawe abesilisa nabesifazane, ngiphahlaze ngawe abadala
nabasha, ngiphahlaze ngawe izinsizwa nezintombi;

23ngiphahlaze ngawe umalusi nomhlambi wakhe, ngiphahlaze ngawe umlimi
namabhanga akhe, ngiphahlaze ngawe izinduna nababusi.

24 Ngiyakuphindisela iBabele nabo bonke abakhileyo eKalideya konke okubi
kwabo abakwenzile eSiyoni emehlweni enu, usho uJehova.

25 Bheka, ngimelene nawe ntaba echithayo, usho uJehova, wena ochitha
wonke umhlaba; ngiyakwelulela isandla sami kuwe, ngikugingqe
emadwaleni, ngikwenze intaba eshisiweyo.

26Abayikuthatha kuwe itshe legumbi netshe lesisekelo, ngokuba uyakuba
yincithakalo kuze kube phakade, usho uJehova.

27 Misani ibhanela ezweni, nibethe amacilongo phakathi kwezizwe,
ningcwelise izizwe ukuba zilwe nalo, nilibizele imibuso yase-Ararati,
naseMini, nase-Ashikenaze, nibeke phezu kwalo umphathi wempi,
nikhuphuke namahhashi anjengezinkumbi ezimahaye.

28Lingcweliseleni izizwe, amakhosi aseMediya, nezinduna zalo, nababusi
balo, nalo lonke izwe elibuswa yibo.

29Umhlaba uyathuthumela, uqhaqhazele, ngokuba amacebo kaJehova
ngeBabele emi okuba enze izwe laseBabele libe yincithakalo, kuze
kungabikho ohlala khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30 Amaqhawe aseBabele ayekile ukulwa, ahlala ezinqabeni zawo; amandla awo aphelile, anjengabesifazane; izindlu zalo zishisiwe, imigoqo yalo yaphuliwe.

31 Isigijimi siyagijma, sihlangane nesinye, umbiki uhlangana nombiki ukutshela inkosi yaseBabele ukuthi umuzi wayo unqotshiwe nxazonke.

32 Amazibuko avinjiwe, umhlanga ushisiwe ngomlilo, amadoda empi ayesaba.

33 Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Indodakazi yaseBabele injengesibuya ngesikhathi sokunyathelwa kwaso; kuse yisikhashana, sizakufika kuyo isikhathi sokuvuna.

34 UNebukadinesari, inkosi yaseBabele ungidlile wangiqeda; ungenze isitsha esingenalutho, wangigwinya njengodrako; ugcwalisile isisu sakhe ngokumnandi kwami, wangixosha.

35 Ubudlova engenzelwe bona mina nabayinyama yami mabube phezu kweBabele, makasho njalo owakhileyo eSiyoni. Igazi lami malibe phezu kwabakhileyo eKalideya; malisho njalo iJerusalema.

36 Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngiyakumela indaba yakho, ngikuphindisele, ngishise ulwandle lwalo, ngomise umthombo walo.

37 IBabele liyakuba yizinqwaba, nendawo yokuhlala kwamakhanka, nencithakalo, nento encimfelwayo, kungabikho ohlala khona.

38 Bayabhonga kanyekanye njengezingonyama, bakhale njengamabhongo ezingonyama.

39 Sebevuthile, ngiyakubenzela idili, ngibadakise ukuze baquleke, balale ubuthongo obuphakade, bangavuki, usho uJehova.

40 Ngiyakubehlisela ekuhlatshweni njengamawundlu, njengezinqama nezimpongo.

41 Yeka ukunqotshwa kweSheshaki nokubanjwa kwelaliludumo lwawo wonke umhlaba! Yeka ukwenziwa kweBabele isimangaliso phakathi kwezizwe!

42 Ulwandle lukhuphukele iBabele, lisibekelwe ngamaza alo ahlokomayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

43Imizi yalo ichithekile; yizwe elomileyo, nehlane, izwe elingahlalwa muntu,
kungadluli kulo indodana yomuntu.

44 Ngiyakuhambela uBeli eBabele, ngikhiphe emlonyeni wakhe lokhu
akugwinyileyo; izizwe azisayikugobhozela kuye, ugange lwaseBabele
luyakuwa.

45 Phumani phakathi kwalo, bantu bami, nizikhulule, kube yilowo nalowo
ekufuthekeni kwentukuthelo kaJehova.

46Izinhliziyo zenu mazingadangali, ningesabi imibiko ezwakalayo ezweni,
lapho kufika umbiko othile ngomunye umnyaka, bese kufika emva kwawo
omunye ngomnyaka olandelayo, kube ngubudlova ezweni, umbusi avukele
umbusi.

47Ngalokho bheka, izinsuku ziyeza, lapho ngiyakujezisa izithombe
ezibaziweyo zaseBabele, izwe lonke lalo lijabhe, bonke ababuleweyo balo
bawe phakathi kwalo.

48 Bese kuqhumuka izulu nomhlaba, nakho konke okukukho, ngokuhlabelela
ngeBabele, ngokuba abachithi bayakumfikela bevela enyakatho, usho
uJehova.

49 Yebo, neBabele limelwe ukuwa, nina babuleweyo bakwa-Israyeli,
njengalokho iBabele laliwelwa ngababuleweyo bomhlaba wonke.

50 Nina eniphunyukile enkembeni hambani, ningemi; khumbulani uJehova
nisekude, iJerusalema lingene ezinhliziyweni zenu.

51 Sijabhile, ngokuba sizwe inhlamba; amahloni asibekela ubuso bethu,
ngokuba abafokazi bangenile ezindaweni ezingcwele endlini kaJehova.

52 Ngalokho bheka, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho ngiyakuzihambela
izithombe zalo ezibaziweyo, ababulawayo babubule ezweni lonke lalo.

53 Noma iBabele likhuphukela ezulwini, yebo, noma liqinisa inqaba yalo
enamandla, kuyakuvela nokho kimi abachithi, balehlele, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

54 Ngumsindo wokukhala ovela eBabele, nowencithakalo enkulu ophuma ezweni lamaKaledi,

55 ngokuba uJehova uyalichitha iBabele, aqede phakathi kwalo umsindo omkhulu; amaza alo ayahlokoma njengamanzi amakhulu, nomsindo wokuhlokoma kwawo uyezwakala,

56 ngokuba umchithi uyalehlela, alehlele iBabele, amaqhawe alo ayabanjwa, neminsalo yawo iyaphulwa, ngokuba uJehova unguNkulunkulu wemivuzo, uyakhokha nokukhokha.

57 Ngiyakudakisa izikhulu zalo nezihlakaniphi zalo, nezinduna zalo, nababusi balo, namaqhawe alo; bayakulala ubuthongo obuphakade, bangavuki, isho iNkosi egama layo linguJehova Sebawoti.

58 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ugange olubanzi lwaseBabele luyakubhidlizwa nokubhidlizwa, namasango alo aphakemeyo ayakushiswa ngomlilo; abantu bakhandlekela ize nezizwe okomlilo, zikhathale.

### Izwi kuSeraya

59 Izwi uJeremiya umprofethi ayala ngalo uSeraya indodana kaNeriya kaMakhaseya ekuhambeni kwakhe noSedekiya inkosi yakwaJuda eya eBabele ngomnyaka wesine wokubusa kwakhe. USeraya wayeyisikhulu sezindawo zokuphumula.

60 UJeremiya waloba encwadini konke okubi obekuyakwehlela iBabele, onke lawa mazwi alotshiwe ngeBabele.

61 UJeremiya wathi kuSeraya: Ekufikeni kwakho eBabele bhekisisa ukuba ufunde onke lawa mazwi,

62 uthi: Jehova, wena ukhulumile ngale ndawo ukuba uyinqume ukuze kungabikho muntu ohlala kuyo, umuntu nasilwane, ngokuba iyakuba yihlane kuze kube phakade.

63 Lapho usuqedile ukuyifunda le ncwadi, uyakubopha itshe kuyo, uyiphonse e-Ewufrathe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

64uthi: Kanjalo iBabele liyakushona, lingabe lisavuka ngenxa yokubi engiyakulehlisela khona, lidangale. Kuphela lapha amazwi kaJeremiya.

## UJeremiya 52

### Ukuwa kweJerusalema

1 USedekiya wayeneminyaka engamashumi amabili nanye ekuqaleni kwakhe ukubusa, wabusa iminyaka eyishumi nanye eJerusalema; igama likanina lalinguHamuthali indodakazi kaJeremiya waseLibina.

2Wenza okubi emehlweni kaJehova njengakho konke akwenzileyo uJehoyakimi.

3Ngokuba kwenzeka lokho eJerusalema nakwaJuda ngenxa yentukuthelo kaJehova, waze wabalahla ebusweni bakhe; uSedekiya wayihlubuka inkosi yaseBabele.

4 Kwathi ngomnyaka wesishiyagalolunye wokubusa kwakhe ngenyanga yeshumi, ngolweshumi lwenyanga, kwafika uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, yena nayo yonke impi yakhe, eJerusalema, wamisa malungana nalo, bakha inqaba ngakulo nxazonke.

5Wawusuvinjezelwa umuzi kwaze kwaba ngumnyaka weshumi nanye wenkosi uSedekiya.

6Ngenyanga yesine ngolwesishiyagalolunye lwenyanga indlala yaba namandla emzini, akubangakho kudla kubantu bezwe.

7Kepha wawusufohlwa umuzi, onke amadoda empi abaleka, aphuma emzini ebusuku ngendlela yesango phakathi kwezingange zombili ezazingasensimini yenkosi -- amaKaledi ayekhona nxazonke zomuzi -- ahamba ngendlela yase-Araba.

8Kodwa impi yamaKaledi yayixosha inkosi, yamfica uSedekiya emathafeni aseJeriko, yonke impi yakhe yahlakazeka.

9Ayeseyibamba inkosi, ayenyusela enkosini yaseBabele eRibila ezweni laseHamati, ayahlulela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Inkosi yaseBabele yabulala amadodana kaSedekiya phambi kwamehlo akhe;
yabulala nazo zonke izikhulu zakwaJuda eRibila.

11 Yakhipha namehlo kaSedekiya; inkosi yaseBabele yambopha
ngamaketanga, yamyisa eBabele, yamfaka etilongweni kwaze kwaba
sosukwini lokufa kwakhe.

12 Ngenyanga yesihlanu, ngolweshumi lwenyanga okwakungumnyaka
weshumi nesishiyagalolunye wenkosi uNebukadinesari, inkosi yaseBabele,
kwafika uNebuzaradani induna yabalindi, inceku yenkosi yaseBabele,
eJerusalema.

13 Washisa indlu kaJehova nendlu yenkosi; nazo zonke izindlu
zaseJerusalema, zonke izindlu ezinkulu, wazishisa ngomlilo.

14 Yonke impi yamaKaledi induna yabalindi eyayinayo yadiliza izingange
zaseJerusalema nxazonke.

15 Abantu abathile abayizimpofana, nabantu abaseleyo ababesele emzini,
nabahlubukileyo behlubukela enkosini yaseBabele, nesixuku esiseleyo
uNebuzaradani induna yabalindi wabathumba.

16 Kepha uNebuzaradani induna yabalindi washiya abantu abathile bezwe
abayizimpofana ukuba baphathe izivini namasimu.

17 Izinsika zethusi ezazisendlini yenkosi, nezinqe, nolwandle lwethusi
okwakusendlini kaJehova amaKaledi akuhlephula, athuthela lonke ithusi
lakho eBabele.

18 Amakhanzi, namafosholo, nezizenze, nemicakulo, nezinkezo, nazo zonke
izitsha zethusi ababekhonza ngazo akuthatha.

19 Izindebe, nemicengezi yomlilo, nezitsha, namakhanzi, nezinti zezibani,
nezinkezo, nezinkamba, okwegolide lodwa nesiliva lodwa, nalokho induna
yabalindi yakuthatha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20] Izinsika zombili, nolwandle olwalulunye nje, nezinkabi eziyishumi nambili
zethusi ezaziphansi kwezinye, inkosi uSolomoni eyayikwenzele indlu
kaJehova, ithusi lazo zonke lezi zinto lalingenakulinganiswa.

[21]Izinsika-ke, ukuphakama kwensika eyodwa kwakuyizingalo eziyishumi
nesishiyagalombili; umucu oyizingalo eziyishumi nambili wawuyizungeza;
uhlonze lwayo lwaluyiminwe emine, yayiyigobongo.

[22]Kwakukhona isihloko sethusi; ukuphakama kwesihloko esisodwa
kwakuyizingalo eziyisihlanu; kwakukhona nenetha namapomegranati phezu
kwesihloko nxazonke, konke kwakungokwethusi; njengangale kwakunjalo
nasensikeni yesibili enamapomegranati.

[23]Kwakukhona amapomegranati angamashumi ayisishiyagalolunye
nesithupha ngasemoyeni; onke amapomegranati asenetheni nxazonke
ayeyikhulu.

[24]Induna yabalindi yathatha uSeraya, umpristi omkhulu, noZefaniya, umpristi
wesibili, nabalindimnyango abathathu;

[25]yathatha emzini induna eyayimiswe phezu kwamadoda empi, nabantu
abayisikhombisa kwaba besebusweni benkosi abafunyanwa emzini, nombhali
wenduna yempi eyayibala abantu bezwe, nabantu bezwe abangamashumi
ayisithupha abafunyanwa phakathi komuzi.

[26]UNebuzaradani, induna yabalindi, wabathatha, wabayisa enkosini
yaseBabele eRibila.

[27]Inkosi yaseBabele yabashaya, yababulala eRibila ezweni laseHamati.
Wathunjwa kanjalo uJuda ezweni lakubo.

[28]Nampa abantu uNebukadinesari abathumbayo: ngomnyaka wesikhombisa
abaJuda abayizinkulungwane ezintathu namashumi amabili nantathu,

[29]nangomnyaka weshumi nesishiyagalombili kaNebukadinesari wathumba
eJerusalema abantu abangamakhulu ayisishiyagalombili namashumi
amathathu nambili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[30]Ngomnyaka wamashumi amabili nantathu kaNebukadinesari uNebuzaradani induna yabalindi wathumba abaJuda, abantu abangamakhulu ayisikhombisa namashumi amane nanhlanu. Bonke abantu babe yizinkulungwane ezine namakhulu ayisithupha.

### Ukukhululwa kukaJehoyakini

[31]Kwathi ngomnyaka wamashumi amathathu nesikhombisa wokuthunjwa kukaJehoyakini, inkosi yakwaJuda, ngenyanga yeshumi nambili, ngolwamashumi amabili nanhlanu lwenyanga, u-Evili Merodaki inkosi yaseBabele ngomnyaka wokuqala wokubusa kwakhe waphakamisa ikhanda likaJehoyakini inkosi yakwaJuda, wamkhipha etilongweni,

[32]wakhuluma kahle kuye, wabeka isihlalo sakhe phezu kwezihlalo zamakhosi ayenaye eBabele.

[33]Waguqula izingubo zakhe zasetilongweni; wadla njalo phambi kwakhe zonke izinsuku zokuhamba kwakhe.

[34]Isabelo sakhe sasiyisabelo esimiyo semihla ngemihla, asiphiwa yinkosi yaseBabele zonke izinsuku zokuhamba kwakhe kwaze kwaba sosukwini lokufa kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# IsiLilo

## IsiLilo 1

### Ukuchithwa kweJerusalema

1Yeka ukuhlala kodwa komuzi owawunabantu abaningi! Usungumfelokazi owawunezizwe eziningi. Owawuyinkosikazi phakathi kwezifunda usungobuswayo.

2 Uyakhala nokukhala ebusuku, izinyembezi zawo zisezihlathini zawo; kawunamduduzi phakathi kwazo zonke izithandwa zawo; bonke abangane bawo bawuphathe ngenkohliso, sebe yizitha zawo.

3UJuda uthunjiwe ngenxa yokuhlupheka nobugqila obuningi; uhlala phakathi kwabezizwe, katholi ukuphumula; bonke abamzingelayo bamfica ephakathi kobuhlungu.

4Izindlela zaseSiyoni ziyalila ngokuba kungeziwa emikhosini emisiweyo; onke amasango achithekile, abapristi balo bayabubula; izintombi zalo ziyahlupheka, nalo linomunyu.

5Abamelene nalo sebe yinhloko, izitha zalo zinokuthula, ngokuba uJehova ulihluphile ngenxa yobuningi beziphambeko zalo; izingane zalo ziye ekuthunjweni ebusweni bezitha.

6Bonke ubukhosi bumukile endodakazini yaseSiyoni; izikhulu zalo sezinjengezindluzele ezingafumani idlelo, zihambile zingenamandla ebusweni babaxoshayo.

7 IJerusalema liyakhumbula ezinsukwini zokuhlupheka kwalo nezinsizi zalo konke okuhle okwakukhona ezinsukwini zasendulo; lapho abantu balo bewela esandleni sezitha, kungekho olisizayo, abamelene nalo balibona, bahleka ukuchithwa kwalo.

8 IJerusalema lalonile kakhulu; ngalokho seliyisinengiso; bonke ababelidumisa sebelidelela ngokuba bebone ubunqunu balo; seliyabubula nalo, libuyela emuva.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ukungcola kwalo kwakusemaphethelweni alo, alikhumbulanga ukuphela
kwalo; lehlile ngokumangalisayo, alinamduduzi. Bheka, Jehova, ukuhlupheka
kwami, ngokuba isitha sizikhulisile.

10 Isitha selulile isandla saso phezu kwakho konke okumnandi kwalo,
ngokuba sibonile ukuthi abezizwe bangene endlini yalo engcwele, owabayala
ukuthi abayikungena ebandleni lakho.

11 Bonke abantu balo bayabubula, befuna isinkwa sabo; banika okumnandi
kwabo ngokudla ukuba babuyise umphefumulo. Bheka, Jehova, ubhekisise,
ngokuba ngiyadelelwa.

12 Akulutho kinina nonke enidlula ngendlela na? Bhekani, nibone ukuba
kukhona yini ubuhlungu obunjengobuhlungu bami engehlelwe yibo, uJehova
angihluphe ngabo ngosuku lokufutheka kwentukuthelo yakhe.

13 Ephezulu ungithumele umlilo emathanjeni ami, wawahlula; wenekele
izinyawo zami inetha, wangibuyisela emuva. Ungenze incithakalo, ngiphele
amandla usuku lonke.

14 Iziphambeko zami zaboshwa ngesandla sakhe, zaba yijoka; zalukwa,
sezisentanyeni yami; wakhubekisa amandla ami. INkosi inginikele esandleni
sabo engingenakumelana nabo.

15 INkosi ilahlile onke amaqhawe ami phakathi kwami; ingibizele
umhlangano ukuphahlaza izinsizwa zami; iNkosi inyathele
njengasesikhamweni sewayini intombi eyindodakazi yakwaJuda.

16 Ngiyakhala ngalokhu; iso lami, iso lami liyamululeka izinyembezi,
ngokuba umduduzi wami obeyakubuyisa umphefumulo wami ukude nami.
Abantwana bami bachithekile, ngokuba isitha sahlulile.

17 ISiyoni liyelula izandla zalo, akakho oliduduzayo. UJehova uyalile
ngoJakobe ukuba abamzungezayo babe yizitha zakhe. IJerusalema
linjengesinengiso phakathi kwabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 UJehova ulungile, ngokuba ngihlubukile izwi lakhe. Ake nizwe, bantu bonke, nibone ubuhlungu bami. Izintombi zami nezinsizwa zami ziye ekuthunjweni.

19 Ngazibiza izithandwa zami, zangikhohlisa. Abapristi bami namalunga ami bafela emzini, besafuna ukudla ukuba babuyise umphefumulo wabo.

20 Bheka, Jehova, ngokuba nginosizi; izibilini zami ziyaxhaphazela. Inhliziyo yami iphendukile phakathi kwami, ngokuba ngihlubukile nokuhlubuka. Endle yinkemba eyaphucayo, ekhaya ngukufa.

21 Bezwile ukuthi ngiyabubula, kepha anginamduduzi. Zonke izitha zami zizwile ukuhlupheka kwami; ziyathokoza ukuthi nguwe okwenzileyo. Ululethile usuku olumemezileyo, kepha ziyakuba njengami.

22 Mabufike bonke ububi bazo ebusweni bakho, wenze kuzo njengokwenza kwakho kimi ngenxa yazo zonke iziphambeko zami, ngokuba ukububula kwami kukhulu, nenhliziyo idangele.

## IsiLilo 2

### Ukwahlulelwa kweJerusalema

1 Yeka ukwembesa kweNkosi indodakazi yaseSiyoni amafu ngentukuthelo yayo. Uphonsile ubuhle buka-Israyeli emhlabeni busuke ezulwini, angasikhumbulanga isenabelo sezinyawo zayo ngosuku lwentukuthelo yayo.

2 INkosi igwinyile onke amakhaya kaJakobe ingahawukelanga. Ngentukuthelo yayo, ibhidlizile izinqaba zendodakazi yakwaJuda, yazidilizela emhlabathini, yangcolisa umbuso nezikhulu zawo.

3 Yanquma ngokufutheka kolaka lwayo zonke izimpondo zakwa-Israyeli, yabuyisela emuva isandla sayo sokunene ebusweni bezitha, yashisa uJakobe ngomlilo wamalangabi odla nxazonke.

4 Yansala umnsalo wayo njengesitha, yema njengomelene nathi ngesokunene sayo, yabulala konke okwakumnandi emehlweni ethu. Etendeni lendodakazi yaseSiyoni yathulula ukufutheka kwayo njengomlilo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5INkosi isinjengesitha, imgwinyile u-Israyeli; yagwinya zonke izindlu zakhe zobukhosi, yachitha izinqaba zakhe; yandisile endodakazini yakwaJuda ukukhala nokulila.

6Yachitha idokodo layo njengelensimu, yaqeda indawo yayo yokuhlangana. UJehova wenza ukuba kukhohlakale imikhosi emisiweyo namasabatha eSiyoni, wadelela ngokufutheka kolaka lwakhe inkosi nompristi.

7INkosi yalilahla i-altare layo, yanengwa yindlu yayo engcwele, yanikela izingange zezindlu zayo zamakhosi esandleni sesitha. Ziphakamise izwi endlini kaJehova njengasosukwini lomkhosi omisiweyo.

8 UJehova wayecebile ukuchitha ugange lwendodakazi yaseSiyoni; wawelula umucu wokulinganisa, akabuyisanga isandla sakhe ekuchitheni; wenza ukuba kukhale ugange nodonga, kudangale kanyekanye.

9 Amasango alo ashona emhlabathini; wachitha, wayaphula imigoqo yalo. Inkosi nezikhulu zalo baphakathi kwezizwe, lapho kungekho khona umthetho. Nabaprofethi balo abatholi mbono kuJehova.

10Amalunga endodakazi yaseSiyoni ahlezi emhlabathini, athule; athele uthuli emakhanda awo, abhince indwangu yamasaka. Izintombi zaseJerusalema zithobisela phansi amakhanda azo.

11 Amehlo ami ayaphela izinyembezi, izibilini zami ziyaxhaphazela; isibindi sami sithululelwe emhlabathini ngenxa yokuchitheka kwendodakazi yabantu bami, ngokuba izingane nabancelayo bayadangala ezigcawini zomuzi.

12Bathi konina: Aphi amabele newayini? lapho bedangala njengababulawayo ezigcawini zomuzi, imiphefumulo yabo ithululelwe ezifubeni zawonina.

13Ngingafakaza ngokuthini ngawe, ngikufanise nani, ndodakazi yaseSiyoni, na? Ngingakulinganisa nani ukuba ngikududuze, ntombi eyindodakazi yaseSiyoni na? Ngokuba ukuchitheka kwakho kukhulu njengolwandle. Ngubani ongakuphulukisa na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Abaprofethi bakho bakubonele imibono eyize nobuwula; abambulanga ukona kwakho ukuba babuyise ukuthunjwa kwakho. Kepha bakubonele iziprofetho eziyize nezikhohlisayo.

15 Bonke abadlula ngendlela bakushayela ihlombe, bancimfe, banikine amakhanda abo ngenxa yendodakazi yaseJerusalema ngokuthi: Yiwo lo muzi owawubizwa ngokuthi ubuhle obupheleleyo nentokozo yomhlaba wonke na?

16 Zonke izitha zikukhamisela umlomo wazo, zincimfa, zigedla amazinyo, zithi: Siwugwinyile. Impela yilo usuku esilulindele; sesilufumene, silubonile.

17 UJehova wenzile lokhu abekucebile; uligcwalisile izwi lakhe, ayeyale ngalo ezinsukwini zasendulo; ubhidlizile engenasihawu, wenza ukuba isitha sithokoze phezu kwakho, waphakamisa uphondo lwabamelene nawe.

18 Izinhliziyo zabo zikhala eNkosini; wena lugange lwendodakazi yaseSiyoni, izinyembezi mazehle njengemifula imini nobusuku. Mawungazivumeli ukuphumula, inhlamvu yeso lakho ingayeki.

19 Vuka ukhale ebusuku ekuqaleni kwemilindo, uthulule inhliziyo yakho njengamanzi phambi kobuso beNkosi; phakamisa izandla zakho kuyo ngenxa yokuphila kwezingane ezidangala ngendlala ezingosini zezitaladi zonke.

20 Bheka, Jehova, ubone ukuthi wenzile kanjalo kubani. Abesifazane bayakudla yini izithelo zabo, izingane eziphathiweyo kahle, na? Abaprofethi nabapristi bayakubulawa endlini engcwele yeNkosi, na?

21 Balele phansi ezitaladini, abasha nabadala. Izintombi zami nezinsizwa zami ziwile ngenkemba. Wababulala ngosuku lwentukuthelo yakho, wabulala ungahawukelanga.

22 Wabiza njengasosukwini lomhlangano izesabiso zami nxazonke; akubangakho ngosuku lwentukuthelo kaJehova owasindayo nowasalayo. Labo engangibaphathile, ngabondla, izitha zami zibaqedile.

## IsiLilo 3

### Ukuhlupheka nosizi

1 Ngingumuntu obone ukuhlupheka ngentonga yentukuthelo yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Ungiholile, wangihambisa ebumnyameni, kungesikho ekukhanyeni.

3Impela uyangiphendulela isandla sakhe ephinda njalo zonke izinsuku.

4 Ugugisile inyama yami nesikhumba sami, waphula amathambo ami.

5Ungakhele, wangihaqa ngenyongo nangokushikashikeka.

6 Ungihlalisile ebumnyameni njengabakade bafa.

7Ungibiyele ukuze ngingaphumi, wenza amaketanga ami ukuba asinde.

8 Nalapho ngikhala ngicela ukusindiswa, uyavalela umkhuleko wami.

9 Ubiyele izindlela zami ngamatshe abaziweyo, wagwegwisa imikhondo yami.

10 Ukimi njengebhere eliqamekelayo nengonyama ezindaweni ezisithekileyo.

11Wachezukisa izindlela zami, wangidwengula, wangenza incithakalo.

12 Wansala umnsalo wakhe, wangimisa ngibe yisigcibisholo somcibisholo.

13Wahlaba izinso zami ngemicibisholo yesambo sakhe.

14 Sengingohlekwayo kubantu bonke, ngihaywa usuku lonke.

15Wangisuthisa ngokubabayo, wangigcwalisa ngomhlonyane.

16Waphula amazinyo ami ngohlalwane, wangembesa umlotha.

17Walahla kude nokuthula umphefumulo wami, ngakhohlwa inhlanhla.

18Ngathi: Amandla ami nethemba lami kuJehova kuphelile.

19Khumbula ukuhlupheka kwami nosizi lwami, umhlonyane nenyongo.

20Umphefumulo wami uyakukhumbula nokukukhumbula, uthobile phakathi kwami.

21Kepha yilokhu engiyakukubuyisela enhliziyweni yami, ngalokho nginethemba:

22ngumusa kaJehova ukuthi asiqediwe, ngokuba ububele bakhe abupheli.

23Busha ekuseni njalo; ukuthembeka kwakho kukhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 UJehova uyisabelo sami, usho umphefumulo wami; ngakho ngiyakwethemba kuye.

25UJehova muhle kwabamethembayo, kumphefumulo omfunayo.

26Kuhle ukumethemba nokulindela ngokuthula ukusindisa kukaJehova.

27 Kuhle kumuntu ukuba athwale ijoka ebusheni bakhe.

28Makahlale yedwa, athule, lapho emthwesa lona.

29Makabeke umlomo wakhe othulini; mhlawumbe kungaba khona ithemba.

30 Makanike isihlathi sakhe komshayayo, asuthe ngenhlamba.

31 Ngokuba uJehova akayikulahla kuze kube phakade.

32Ngokuba noma edabukisile, uyakuhawukela nokho ngokobukhulu bomusa wakhe.

33Ngokuba akahluphi, angadabukisi abantwana babantu ngenxa yokuba ekuthanda.

34Ukuphahlaza phansi kwezinyawo zonke iziboshwa zasemhlabeni,

35nokuchezukisa imfanelo yomuntu phambi kobuso boPhezukonke,

36nokona umuntu ecaleni lakhe, iNkosi ayikuboni lokhu na?

37 Kwasho ubani, kwenzakala, iNkosi ingakuyalelanga, na?

38 Akuphumi okuhle nokubi emlonyeni woPhezukonke na?

39 Ukhononelani umuntu ophilayo, umuntu ojeziswa ngezono zakhe, na?

40Masiphenye, sicinge izindlela zethu, sibuyele kuJehova.

41Masiphakamise izinhliziyo zethu kanye nezandla zethu kuNkulunkulu ezulwini.

42 Siphambukile, sahlubuka; wena awukuyekelanga.

43Wazembesa ulaka, wasixosha, wabulala, ungahawukelanga.

44Wazembesa ifu, ukuze imikhuleko yethu ingafinyeleli.

45Usenze umphucuzo nemfucumfucu phakathi kwabantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

46 Zonke izitha zethu zisikhamisele imilomo yazo.

47 Uvalo nomgodi kusehlele, ukubhujiswa nokuchithwa.

48 Iso lami liyamululeka imifula yamanzi ngenxa yokuchithwa kwendodakazi yabantu bami.

49Iso lami liyamululeka, alinqamuki; akukho ukukhawuka,

50aze abheke uJehova, abone esezulwini.

51Iso lami lenza umphefumulo wami ube buhlungu ngenxa yawo onke amadodakazi omuzi wakithi.

52Abayizitha zami ngeze bangizingele nokungizingela njengenyoni.

53 Banqume ukuphila kwami emgodini, bangiphonsa ngetshe.

54Amanzi aminzisa ikhanda lami. Ngathi: Nginqunyiwe.

55 Ngalibiza igama lakho, Jehova, ngisemgodini phansi.

56Wezwa izwi lami; ungasithezi indlebe yakho lapho ngikhalela ukusizwa.

57 Wasondela ngosuku lokubiza kwami, wathi: Ungesabi.

58Nkosi, umela indaba yomphefumulo wami, uyahlenga ukuphila kwami.

59Jehova, uyabona ukoniwa kwami; thetha indaba yami.

60Uyabona konke ukuphindisa kwabo nawo onke amacebo abo ngami.

61Uyezwa inhlamba yabo, Jehova, nawo onke amacebo abo ngami,

62izindebe zabangivukeleyo nemicabango yabo ngami izinsuku zonke.

63Bheka ukuhlala kwabo nokuvuka kwabo; ngihaywa yibo.

64 Uyakubaphindisela, Jehova, ngokwemisebenzi yezandla zabo.

65 Uyakubanika isimbozo senhliziyo, isiqalekiso sakho sibe phezu kwabo.

66Uyakubaxosha ngentukuthelo, ubabhubhise, bangabe besaba khona phansi kwezulu likaJehova.

## IsiLilo 4

### Intukuthelo kaJehova ngeJerusalema

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

1Yeka ukufiphala kwegolide nokuguquka kwegolide elihle! Amatshe endlu
engcwele ahlakazekile ezingosini zazo zonke izitaladi.

2 Amadodana anqabileyo aseSiyoni, elingene negolide elihle, yeka ukuthiwa
kwawo ayizitsha zebumba, imisebenzi yezandla zombumbi!

3 Namakhanka ehlisa, ancelise amazinyane awo. Indodakazi yabantu bami
isinonya, njengezintshe zasehlane.

4 Ulimi loncelayo lunamathela olwangeni lwakhe ngokoma. Izingane zicela
isinkwa, kepha akakho ozihlephulelayo.

5Abakade bedla okumnandi sebechithakele ezitaladini. Ababekhuliswa
ngokububende sebesingatha izala.

6 Ukona kwendodakazi yabantu bami kukhulu kunesono saseSodoma
elachithwa ngokuphazima kweso, kungasondelanga zandla kulo.

7Abakhulu balo babehlambulukile kunongqoqwane, babe mhlophe kunobisi;
imizimba yabo yayibomvana kunekorali, isimo sabo sasinjengesafire.

8Ubuso babo sebumnyama kunelahle, abaziwa ezitaladini. Isikhumba sabo
sinamathela emathanjeni abo, sishwabene, saba njengomuthi.

9 Babe ngcono ababebulawa ngenkemba kunababebulawa ngendlala, ababuna
behlatshiwe ngokuswela ukudla kwensimu.

10 Izandla zabesifazane abahawukelayo zapheka izingane zabo; zazingukudla
kwabo ngokuchithwa kwendodakazi yabantu bami.

11 UJehova ufezile ukufutheka kwakhe, uthululile ukufutheka kwentukuthelo
yakhe; uphembile umlilo eSiyoni oqedile izisekelo zalo.

12Amakhosi omhlaba ayengakholwa kanye nabo bonke abakhileyo ezweni
ukuthi abamelene nabo nezitha zabo babeyakungena emasangweni
aseJerusalema.

13 Kungenxa yezono zabaprofethi balo nobubi babapristi balo ababechitha
igazi labalungileyo phakathi kwalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14Bazulazula njengezimpumputhe ezitaladini, bengcolile ngegazi ngangokuba zazingenakuthintwa izingubo zabo.

15 Chezukani, ningcolile! bamemeza kubo: Chezukani, chezukani, ningathinti! Lapho bebaleka bezulazula, bathi phakathi kwabezizwe: Abasayikugogobala lapha.

16Ubuso bukaJehova buyabahlakaza, akasayikubanakekela. Abahloniphi ubuso babapristi, kababanga namusa kumalunga.

17Amehlo ethu ayaphela ukubheka usizo lwethu oluyize; ekulindeni kwethu silindela isizwe esingenakusindisa.

18Bazingela izinyathelo zethu ukuba singahambi ezigcawini zethu. Ukugcina kwethu kuseduze, izinsuku zethu zigcwele, yebo, ukugcina kwethu kufikile.

19Abasixoshayo babenejubane kunezinkozi zezulu; basizingela ezintabeni, basiqamekela ehlane.

20 Umoya wamakhala ethu, ogcotshiweyo kaJehova, wabanjwa emigodini yabo, esathi ngaye: Phansi kwethunzi lakhe siyakuphila phakathi kwezizwe.

21 Jabula, uthokoze, ndodakazi yakwa-Edomi, ohlala ezweni lase-Uzi. Indebe iyakudlulela nakuwena; uyakudakwa, uzenze nqunu.

22 Ububi bakho sebuphelile, ndodakazi yaseSiyoni, kasayikukuthumba. Ububi bakho, ndodakazi yakwa-Edomi, uyakubuhambela, azambule izono zakho.

## IsiLilo 5

### Umkhuleko wokuzwelwa

1Khumbula, Jehova, esehlelwe yikho; bheka, ubone ihlazo lethu.

2 Ifa lethu seliphendulelwe abafokazi, nezindlu zethu kwabezizwe.

3Siyizintandane, asinababa; omame banjengabafelokazi.

4Amanzi ethu siyawaphuza ngemali, izinkuni zethu ziza ngentengo.

5Abasixoshayo basezintayeni zethu; sikhathele, asinakuphumula.

6Sinike isandla sethu kulo iGibithe nakulo i-Asiriya ukuba sisuthe isinkwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Obaba bona abasekho; thina sithwala ububi babo.

8 Izigqila ziyasibusa; akakho osikhulula esandleni sabo.

9 Sithola ukudla kwethu ngokuzidela amathambo ngenxa yenkemba yasehlane.

10 Isikhumba sethu siyasha njengeziko ngokushisa kwendlala.

11 Balala nabesifazane eSiyoni, izintombi zasemizini yakwaJuda.

12 Izikhulu zaphanyekwa ngezandla zabo; ubuso babadala ababuhloniphanga.

13 Izinsizwa zathwala amatshe okugaya, abantwana bakhubeka phansi kwezinkuni.

14 Abadala baphelile esangweni, nezinsizwa ekuhlabeleleni kwazo.

15 Intokozo yenhliziyo yethu iphelile; ukusina kwethu kuphenduke ukulila.

16 Umqhele uwile ekhanda lethu. Maye kithina, ngokuba sonile!

17 Ngalokho inhliziyo yethu idangele; ngalezi zinto amehlo ethu afiphele,

18 ngenxa yentaba yaseSiyoni echithekile, zize zihambe kuyo izimpungushe.

19 Wena Jehova umi phakade; isihlalo sakho sobukhosi sikhona ezizukulwaneni ngezizukulwane.

20 Usikhohlelwani kuze kube phakade, usishiye izinsuku eziningi, na?

21 Sibuyisele kuwe Jehova, siyakubuya; yenza izinsuku zethu zibe zintsha njengasendulo,

22 ngokuba usilahlile nokusilahla, wasithukuthelela kakhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UHezekeli

## UHezekeli 1

### Umprofethi ubona uNkulunkulu

1Kwathi ngomnyaka wamashumi amathathu ngenyanga yesine ngolwesihlanu, ngiphakathi kwabathunjwa ngasemfuleni iKhebari, lavuleka izulu, ngabona imibono ngoNkulunkulu.

2 Ngolwesihlanu lwenyanga ngomnyaka wesihlanu wokuthunjwa kukaJehoyakini

3izwi likaJehova lafika kuHezekeli umpristi, indodana kaBuzi, ezweni lamaKaledi ngasemfuleni iKhebari. Isandla sikaJehova sasiphezu kwakhe lapho.

4 Ngabona, bheka, kwavela umoya wesivunguvungu enyakatho, ifu elikhulu elinomlilo ovuthayo nokukhanya nxazonke zalo, kuphuma phakathi kwalo kungathi ithusi elikhazimulayo, kuvela emlilweni.

5Phakathi kwakho kwaphuma umfanekiso wezidalwa ezine, nesimo sazo sasiyilesi: zafana nabantu,

6kepha yileso naleso sasinobuso obune, futhi sasinamaphiko amane;

7imilenze yazo yayiqondile, amathe ezinyawo zazo ayenjengamathe ezinyawo zethole; zazimenyezela njengethusi eliphucuziweyo.

8Zazinezandla zomuntu phansi kwamaphiko azo ezinhlangothini zazo zozine. Ubuso namaphiko alezi ezine kwakunje:

9amaphiko azo ayehlangene, elinye nelinye; aziphendukanga ekuhambeni kwazo, yileso naleso sahamba ngokuqonda kobuso baso.

10Isimo sobuso bazo sasingubuso bomuntu, zozine zinobuso bengonyama ngakwesokunene, zozine zinobuso benkomo ngakwesokhohlo, zozine zinobuso bokhozi futhi.

11Babunjalo ubuso bazo. Amaphiko azo ayahlukene phezulu; kuleso naleso amabili ayehlangene, elinye nelinye; amabili ayembesa imizimba yazo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Zahamba zonke ngokuqonda kobuso bazo, zaya khona, lapho umoya wayethanda ukuya khona, aziphendukanga ekuhambeni kwazo.

13 Isimo sezidalwa sasinjengamalahle omlilo avutha njengezibani, ahambahamba phakathi kwezidalwa; umlilo wamenyezela, nasemlilweni kwaphuma unyazi.

14 Izidalwa zagijima, zabuya njengombani.

15 Ngisabuka izidalwa, bheka, nanto isondo emhlabathini eceleni kwezidalwa, kuleso naleso sazo zozine.

16 Ukubonakala kwamasondo nokwenziwa kwawo kwakunjengekrisolithe, nezimo zawo omane zaziyintonye. Ukubonakala kwawo nokwenziwa kwawo kwakunjengokuba kukhona isondo phakathi kwesondo.

17 Ekuhambeni kwawo aya ezinhlangothini zozine; awaphendukanga ekuhambeni kwawo.

18 Amafelange awo ayephakeme, ayesabeka; amafelange omane ayegcwele amehlo nxazonke.

19 Ekuhambeni kwezidalwa amasondo ahamba eceleni kwazo, nasekuphakanyisweni kwezidalwa emhlabeni namasondo aphakanyiswa.

20 Lapho umoya wayethanda ukuya khona, aya khona, yebo, lapho umoya wayethanda khona; namasondo aphakanyiswa kanye nazo, ngokuba umoya wezidalwa wayesemasondweni.

21 Ekuhambeni kwazo nawo ahamba; ekumeni kwazo nawo ema; ekuphakanyisweni kwazo emhlabeni aphakanyiswa namasondo kanye nazo, ngokuba umoya wezidalwa wayesemasondweni.

22 Phezu kwamakhanda ezidalwa kwakukhona kungathi umkhathi unjengekristalu elimangalisayo, owenekwe phezu kwamakhanda azo phezulu.

23 Phansi komkhathi amaphiko azo ayeqondene, elinye nelinye, yileso naleso sinamabili embesa imizimba yazo ngalapha, sinamabili embesa ngalapha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Ekuhambeni kwazo ngezwa umsindo wamaphiko azo njengomsindo wamanzi amaningi njengezwi likaSomandla, nomsindo wesidumo njengomsindo wempi; ekumeni kwazo zawehlisa amaphiko azo.

25Kwavela izwi phezu komkhathi owawuphezu kwamakhanda azo; ekumeni kwazo zawehlisa amaphiko azo.

26 Phezu komkhathi owawuphezu kwamakhanda azo kwakunjengokungathi isihlalo sobukhosi, isimo saso sinjengetshe lesafire. Phezu kokwakunjengesihlalo sobukhosi kwakukhona okufana nomuntu phezu kwaso ngaphezulu.

27Ngase ngibona okunjengethusi elikhazimulayo, kufana nomlilo phakathi kwakho nxazonke, kusukela kokungathi ukhalo lwakhe kuya phezulu; kusukela kokungathi ukhalo lwakhe kuya ngaphansi ngabona okufana nomlilo; kwamenyezela nxazonke kwawo.

28 Njengothingo olusemafwini ngosuku lwemvula kwabonakala kanjalo ukumenyezela nxazonke. Kwakunjengesimo senkazimulo kaJehova. Lapho ngiyibona, ngawa ngobuso, ngezwa izwi lokhulumayo.

## UHezekeli 2

### Ukubizwa kukaHezekeli

1Wathi kimi: Ndodana yomuntu, yima ngezinyawo zakho, ngiyakukhuluma nawe.

2 Kwangena kimi uMoya esakhuluma kimi, wangimisa ngezinyawo zami, ngamuzwa owakhuluma kimi.

3Wathi kimi: Ndodana yomuntu, ngiyakuthuma kubantwana bakwa-Israyeli, izizwe ezambukayo ezingihlubukile; bona nawoyise baphambukile kimi kuze kube namuhla.

4 Bangabantwana abanobuso obulukhuni nenhliziyo enqala; ngiyakuthuma kubo; uyakuthi kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi:

5 Bona-ke, noma bezwa noma benganaki, ngokuba bayindlu ehlubukayo, bayakwazi nokho ukuthi kade ekhona umprofethi phakathi kwabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Wena ndodana yomuntu, ungabesabi, ungesabi namazwi abo, noma amakhakhasi nameva kukuwe, uhlezi phakathi kwawofezela; ungawesabi amazwi abo, ungapheli amandla ngobuso babo, ngokuba bayindlu ehlubukayo.

7Uyakukhuluma amazwi ami kubo, noma bezwa noma benganaki, ngokuba bangabahlubuki.

8 Kepha wena ndodana yomuntu, yizwa engikukhulumayo kuwe, ungabi ngumhlubuki njengale ndlu ehlubukayo; vula umlomo wakho, udle engikunika khona.

9Ngase ngibheka, naso isandla saselulelwe kimi, naphakathi kwaso, bheka, ngumqulu wencwadi.

10Waweneka phambi kwami; wawulotshiwe ngaphakathi nangaphandle, kubhaliwe kuwo izililo nezililiselo, nokuthi: Maye!

## UHezekeli 3

1Wayesethi kimi: Ndodana yomuntu, yidla okufumanayo, udle lo mqulu, uye ukhulume kuyo indlu yakwa-Israyeli.

2Ngavula umlomo wami, wangidlisa umqulu.

3 Wathi kimi: Ndodana yomuntu, sidlise isisu sakho, ugcwalise izibilini zakho ngalo mqulu engikunika wona. Ngase ngiwudla, wawumnandi emlonyeni wami njengezinyosi.

4Wayesethi kimi: Ndodana yomuntu, hamba uye endlini yakwa-Israyeli, ukhulume kuyo ngamazwi ami.

5Ngokuba awuthunywa kubantu abankulumo yabo ilukhuni nolimi lwabo lungaqondakali, kepha endlini yakwa-Israyeli,

6kungekubantu abaningi abankulumo yabo ilukhuni nolimi lwabo lungaqondakali, ongawezwa amazwi abo. Impela uma bengikuthume kubo, bona babeyakukuzwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Kepha indlu yakwa-Israyeli kayiyikukuzwa, ngokuba ayingizwa mina, lokhu indlu yakwa-Israyeli inebunzi elilukhuni nenhliziyo enqala.

8 Bheka, ngenze ubuso bakho bube lukhuni njengobuso babo, nebunzi lakho libe nqala njengamabunzi abo.

9 Ngenze ibunzi lakho njengedayimani, elilukhuni kunensengetsha; ungabesabi, ungapheli amandla ngobuso babo, noma beyindlu ehlubukayo.

10 Futhi wathi kimi: Ndodana yomuntu, onke amazwi ami engiyakuwakhuluma kuwe wamukele enhliziyweni yakho, uzwe ngezindlebe zakho.

11 Hamba uye kubathunjwa, kubantwana babantu bakho, ukhulume kubo, uthi kubo: Isho njalo iNkosi uJehova, noma bezwa noma benganaki.

12 Wayesengiphakamisa uMoya, ngezwa emva kwami izwi lokuduma okukhulu, lathi: Mayibusiswe inkazimulo kaJehova endaweni yakhe;

13 nomsindo wamaphiko ezidalwa athintanayo, nomsindo wamasondo eceleni kwazo, umsindo wokukhulu ukuduma.

14 UMoya wayesengiphakamisa, wangisusa; ngahamba nginomunyu ngokufutheka komoya wami; isandla sikaJehova saba namandla phezu kwami.

**Umprofethi ungumlindi**

15 Ngafika kubathunjwa ngaseTheli Abibi ababehlezi ngasemfuleni iKhebari, lapho babehlala khona; ngahlala khona phakathi kwabo izinsuku eziyisikhombisa ngimangele.

16 Kwathi ekugcineni kwezinsuku eziyisikhombisa izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

17 Ndodana yomuntu, ngikwenze umlindi kuyo indlu yakwa-Israyeli; ngalokho yizwa izwi emlonyeni wami, ungixwayisele bona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Lapho ngithi komubi: Uyakufa nokufa, bese wungamxwayisi, ungakhulumi ukumxwayisa omubi ngendlela yakhe ukuba umsindise, yena lowo omubi uyakufela ezonweni zakhe, kepha igazi lakhe ngiyakulibiza esandleni sakho.

19Kepha wena, uma umxwayisa omubi, angaze abuya ebubini bakhe nasendleleni yakhe embi, uyakufela ezonweni zakhe, kepha wena uwophulile umphefumulo wakho.

20 Lapho olungileyo ephenduka ekulungeni kwakhe, enze okubi, ngibeke isikhubekiso phambi kwakhe, uyakufa. Uma ungamxwayisanga, uyakufela ezonweni zakhe, nezenzo zakhe ezilungileyo azenzileyo aziyikukhunjulwa, kepha igazi lakhe ngiyakulibiza esandleni sakho.

21Kepha uma umxwayisa olungileyo ukuba olungileyo angoni, abese engoni, uyakuphila nokuphila, ngokuba exwayile; wena-ke uwophulile umphefumulo wakho.

22Isandla sikaJehova saba phezu kwami lapho, wathi kimi: Suka, uphume uye ethafeni, ngiyakukhuluma nawe khona.

23 Ngasuka, ngaphuma ngaya ethafeni; bheka, inkazimulo kaJehova yayimi khona njengenkazimulo engayibona ngasemfuleni iKhebari, ngawa ngobuso bami.

24 UMoya wayesengena kimi, wangimisa ngezinyawo zami, wakhuluma kimi, wathi kimi: Hamba uzivalele endlini yakho.

25Kepha wena ndodana yomuntu, bheka, bayakufaka amagoda kuwe, bakubophe ngawo; awuyikuphumela phakathi kwabo.

26Ngiyakunamathelisa ulimi lwakho olwangeni lwakho ukuba ube yisimungulu, ungabi ngumuntu obayalayo, ngokuba bayindlu ehlubukayo.

27 Kepha lapho ngikhuluma nawe, ngiyakuwuvula umlomo wakho, wena uthi kubo: Isho njalo iNkosi uJehova. Ozwayo makezwe, onganakiyo kayeke, ngokuba bayindlu ehlubukayo.

## UHezekeli 4

### Isiprofetho ngokuvinjezelwa kweJerusalema

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Wena ndodana yomuntu, zithathele isitini, usibeke phambi kwakho, uqophe
kuso umuzi, iJerusalema,

2uwuvimbezele, wakhe inqaba ngakuwo, uwunqwabele iduli, umise
amakamu ngakuwo, ubeke ngakuwo nxazonke izinqama zokungqubuza.

3Zithathele ucwecwe lwensimbi, ulubeke lube ludonga lwensimbi phakathi
kwakho nomuzi, uqondise ubuso bakho kuwo, wona uvinjezelwe,
uvinjezelwe nguwe. Lokhu kuyakuba yisibonakaliso kuyo indlu yakwa-
Israyeli.

4 Futhi lala ngohlangothi lwakho lwasokhohlo, ubeke ukona kuka-Israyeli
phezu kwalo; ngokomumo wezinsuku zokulala kwakho ngalo uyakuthwala
ukona kwabo.

5Ngokuba ngikunqumele iminyaka yokona kwabo ukuba ibe ngumumo
wezinsuku, zingamakhulu amathathu namashumi ayisishiyagalolunye, bese
wuthwala ukona kwendlu yakwa-Israyeli.

6 Nxa usuziqedile lezi, uyakulala ngohlangothi lwakho lokunene, uthwale
ukona kwendlu yakwaJuda, ngikunqumele izinsuku ezingamashumi amane,
yilolo nalolo suku lube ngumnyaka.

7Uyakubhekisa ubuso bakho kukho ukuvinjezelwa kweJerusalema, ingalo
yakho yambuliwe, uprofethe ngalo.

8Bheka, ngifaka amagoda phezu kwakho, awuyikuphenduka uhlangothi
ngohlangothi, uze uqede izinsuku zokuvimbezela kwakho.

9 Futhi zithathele ukolweni, nebhali, nobhontshisi, nembumba, nonyaluthi,
nesipelite, ukubeke esitsheni sibe sinye, uzenzele isinkwa ngakho
ngokomumo wezinsuku oyakulala ngazo ngohlangothi lwakho, izinsuku
ezingamakhulu amathathu namashumi ayisishiyagalolunye, usidle.

10Ukudla kwakho oyakukudla kuyakuba ngesilinganiso, amashekeli
angamashumi amabili ngosuku, ukudle izikhathi ngezikhathi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

11Namanzi uyakuwaphuza ngesilinganiso, inxenye yesithupha yehini, uphuze izikhathi ngezikhathi.

12Uyakukudla kungathi amaqebelengwane ebhali, uwenze phambi kwabo ngendle ephuma kumuntu.

13Wathi uJehova: Kanjalo nabantwana bakwa-Israyeli bayakusidla isinkwa sabo singcolile phakathi kwezizwe engiyakubaxoshela kuzo.

14 Ngase ngithi: O Nkosi Jehova, bheka, umphefumulo wami awuzange ungcoliswe, ngokuba kusukela ebusheni bami kuze kube manje angidlanga okuzifeleyo nokudweshuliweyo, nenyama enengekayo ayingenanga emlonyeni wami.

15Wathi kimi: Bheka, ngikunike umquba esikhundleni sendle yomuntu; uyakusenza isinkwa sakho phezu kwawo.

16 Wathi futhi kimi: Ndodana yomuntu, bheka, ngiyakwaphula uzime lwesinkwa eJerusalema, badle isinkwa ngesilinganiso ngokwesaba, baphuze amanzi ngesilinganiso ngokumangala

17ukuba baswele isinkwa namanzi, bamangale omunye nomunye, babune ebubini babo.

## UHezekeli 5

1 Wena ndodana yomuntu, zithathele inkemba ebukhali, uzithathele yona njengempuco yomgundi, uyihambise ekhanda lakho nasesilevini sakho, uzithathele isilinganiso sokulinganisa, wahlukanise izinwele.

2Inxenye yesithathu uyakuyishisa ngomlilo phakathi komuzi, seziphelile izinsuku zokuvinjezelwa, uthathe enye inxenye yesithathu, ugalele ngenkemba nxazonke zayo, nenye inxenye yesithathu uyihlakaze emoyeni, ngihoshe inkemba emva kwazo.

3 Uyakuthatha khona eziyingcosana, uzibophele emiphethweni yengubo yakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Futhi kuzona uyakuthatha, uziphonse phakathi komlilo, uzishise ngomlilo; kuyakuvela lapho umlilo, ungene endlini yonke yakwa-Israyeli.

5 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Lokhu kuyiJerusalema; ngilibekile phakathi kwezizwe, namazwe ayalihaqa.

6 Uhlubukile izahlulelo zami ngokwenza okubi kunezizwe, nezimiso zami kunamazwe alihaqayo, ngokuba balahlile izahlulelo zami nezimiso zami, abahambanga ngazo.

7 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba nibanga umsindo kunezizwe ezinihaqayo, ningahambi ngezimiso zami, ningazigcinanga izahlulelo zami, ningenzanga ngemithetho yezizwe ezinihaqayo,

8ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, mina, yebo, mina ngimelene nawe; ngiyakwenza izahlulelo phakathi kwakho emehlweni ezizwe.

9 Ngiyakwenza kuwe lokho engingazange ngikwenze, nengingasayikukwenza okunjengakho ngenxa yazo zonke izinengiso zakho.

10 Ngalokho oyise bayakudla abantwana babo phakathi kwakho, abantwana badle oyise, ngenze izahlulelo phakathi kwakho, ngihlakaze kuyo yonke imimoya yonke insali yakho.

11Ngalokho, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, ngokuba uyingcolisile indlu yami engcwele ngakho konke okuzondekayo kwakho nangazo zonke izinengiso zakho, ngalokho ngiyakukunciphisa impela, iso lami lingahawukeli, ngingabi nabubele.

12 Inxenye yesithathu yakho iyakufa ngesifo, baphele nangendlala phakathi kwakho; inxenye yesithathu iyakuwa ngenkemba nxazonke zakho, nenxenye yesithathu iyakuhlakazwa kuyo yonke imimoya, ngihoshe inkemba emva kwabo.

13 Isiyakuphela intukuthelo yami, nganelise ukufutheka kwami ngabo, ngiduduzeke; bayakwazi ukuthi mina Jehova ngikhulumile ngomhawu wami, lapho sengifezile ukufutheka kwami ngabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[14] Ngiyakukwenza ube yincithakalo nehlazo phakathi kwezizwe ezikuhaqayo emehlweni abo bonke abadlulayo.

[15]Kuyakuba yihlazo, nesaga, nesifundiso, nesimangaliso kuzo izizwe ezikuhaqayo, lapho ngenza izahlulelo phakathi kwakho ngentukuthelo nangokufutheka nangezijeziso ezifuthayo. Mina Jehova ngikhulumile.

[16] Lapho ngithumela kini imicibisholo emibi yendlala eyakuba ngukuchitheka kwabo, engiyakuyithuma ukunichitha, ngiyakukhulisa indlala phezu kwenu, ngaphule uzime lwenu lwesinkwa,

[17] ngithumele kini indlala nezilwane ezimbi, zikwaphuce abantwana, kudlule phezu kwakho isifo negazi, ngehlisele inkemba phezu kwakho. Mina Jehova ngikhulumile.

## UHezekeli 6

### Isiprofetho ngezintaba zakwa-Israyeli

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho ezintabeni zakwa-Israyeli, uprofethe ngazo, uthi:

[3] Nina zintaba zakwa-Israyeli, yizwani izwi leNkosi uJehova kuzo izintaba nakuwo amagquma, kuyo imifula yamanzi nakuzo izigodi, lithi: Bhekani, ngiyakwehlisela phezu kwenu inkemba, ngichithe izindawo zenu eziphakemeyo.

[4] Ama-altare enu ayakuba yincithakalo, kwaphulwe ama-altare enu empepho, ngilahle ababuleweyo benu phambi kwezithombe zenu.

[5]Ngiyakubeka izidumbu zabantwana bakwa-Israyeli phambi kwezithombe zabo, ngihlakaze amathambo enu nxazonke zama-altare enu.

[6]Kuzo zonke izindawo zokuhlala kwenu imizi iyakuchithwa, izindawo eziphakemeyo zibe yincithakalo ukuba kuchithwe ama-altare enu, achitheke, kwaphulwe izithombe zenu ziphele, ama-altare enu empepho abhidlizwe, imisebenzi yenu ihlangulwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

7Ababulawayo bayakuwa phakathi kwenu, nazi ukuthi mina nginguJehova.

8 Kepha ngiyakushiya insali, nibe nabayakuphepha enkembeni phakathi kwezizwe, lapho nihlakazeka emazweni.

9 Abaphephayo benu bayakungikhumbula phakathi kwezizwe abayakuthunjelwa kuzo, lapho ngaphula izinhliziyo zabo eziphingayo, ezichezukile kimi, namehlo abo alandela izithombe zabo ukuba baphinge nazo, banengwe emehlweni abo ngokubi abakwenzileyo ezinengisweni zabo zonke.

10Bayakwazi ukuthi nginguJehova; angishongo ngeze ukuthi ngiyakwenza lokhu okubi kubo.

11 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Shaya ngesandla sakho, udubhuze ngonyawo lwakho, uthi: Maye, ngenxa yazo zonke izinengiso ezimbi zendlu yakwa-Israyeli! Ngokuba bayakuwa ngenkemba, nangendlala, nangesifo.

12Okude uyakufa ngesifo, oseduze uyakuwa ngenkemba, oseleyo evinjezelwe uyakufa ngendlala, ngifeze kanjalo ukufutheka kwami kubo.

13 Niyakwazi ukuthi nginguJehova, lapho ababuleweyo babo beyakuba phakathi kwezithombe zabo nxazonke zama-altare abo kuwo onke amagquma aphakemeyo, nakuzo zonke iziqongo zezintaba, naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza, naphansi kwawo onke ama-oki adumbileyo, izindawo lapho bebenikela khona ngephunga elimnandi kuzo zonke izithombe zabo.

14 Ngiyakuselulela kubo isandla sami, ngenze izwe libe yincithakalo nokuyize kunehlane laseDibila kuzo zonke izindawo zabo zokuhlala, bazi ukuthi nginguJehova.

## UHezekeli 7

### Ukuphela sekufikile

1Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Wena ndodana yomuntu, isho kanje iNkosi uJehova kulo izwe lakwa-Israyeli, ithi: Ukuphela! Ukuphela kufikile emagumbini omane ezwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Ukuphela sekuphezu kwakho; ngiyakuthuma ukufutheka kwami, ngikwahlulele njengezindlela zakho, ngehlisele phezu kwakho zonke izinengiso zakho.

4Iso lami aliyikukuhawukela, ngingabi nabubele; ngiyakwehlisela izindlela zakho phezu kwakho, izinengiso zakho zibe phakathi kwakho; niyakwazi ukuthi ngingu Jehova.

5 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ingozi! Ingozi inye nje! Bheka, iyeza.

6Ukuphela kuyeza; ukuphela kuyeza, kuyakwehlela; bheka, kuyeza!

7Sekufikile kuwe ohlala ezweni; isikhathi sesifikile, usuku lusondele, olokukhathazeka, kungesilo olokujabula ezintabeni.

8Manje sengiyakuthulula masinyane ukufutheka kwami phezu kwakho, ngifeze intukuthelo yami kuwe, ngikwahlulele njengezindlela zakho, ngehlisele phezu kwakho zonke izinengiso zakho.

9Iso lami aliyikuhawukela, ngingabi nabubele, ngehlisele phezu kwakho njengezindlela zakho, izinengiso zakho zibe phakathi kwakho, nazi ukuthi mina Jehova ngiyashaya.

10 Bhekani usuku! Bhekani luyeza, sekuphezu kwakho; induku iyaqhakaza; ukuzidla kuyahluma.

11Ubudlova buyavuka, bube yintonga yokubi, kungasali muntu kubo nasesixukwini sabo, kungasali lutho emfuyweni yabo nasebukhosini babo.

12Isikhathi sesifikile, usuku lusondele; umthengi makangathokozi, nomthengisi makangalili, ngokuba ukufutheka kuphezu kwaso sonke isixuku sabo.

13Ngokuba umthengisi akayikubuyela kokuthengisiweyo, nakuba esekhona phakathi kwabaphilayo, ngokuba umbono wesixuku sonke awuyikubuya, futhi akuyikubakho muntu ongabambelela ekuphileni ngenxa yobubi bakhe.

14Babethile icilongo, balungisile konke, kepha akakho ophuma impi, ngokuba ukufutheka kwami kuphezu kwaso sonke isixuku sabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Yinkemba ngaphandle, yisifo nendlala ngaphakathi; osensimini uyakufa ngenkemba, osemzini uyakuqedwa yindlala nesifo.

16Abaphunyukileyo babo bayakuphunyuka, babe sezintabeni njengamajuba asezigodini, bakhale bonke, kube yilowo nalowo ngezono zakhe.

17Zonke izandla ziyakudangala, nawo onke amadolo abe buthakathaka njengamanzi.

18 Bayakubhinca izindwangu zamasaka, uvalo lubasibekele, amahloni abe sebusweni bonke, nobumpandla kuwo onke amakhanda abo.

19 Bayakuphonsa isiliva labo ezitaladini, igolide labo libe yinto engcolileyo, isiliva labo negolide labo kungabi namandla okubophula ngosuku lwentukuthelo kaJehova; abayikusuthisa imiphefumulo yabo, bangagcwalisi izibilini zabo, ngokuba kade kuyisikhubekiso sobubi babo.

20 Ukukhazimula kwezimvunulo zakho bakubeka kwaba ngukuziqhenya, benza ngakho izithombe ezinengekayo nezizondekayo; ngalokho ngikwenzile kwaba yinto engcolileyo kubo.

21Ngiyakukunikela esandleni sabafokazi, kudliwe, nakwababi bomhlaba, kube yimpango, bakungcolise.

22Ngiyakufulathelisa ubuso bami kubo, balingcolise igugu lami, kungene kulo abaphangi, balingcolise.

23 Yenza iketanga, ngokuba izwe ligcwele amacala egazi, nomuzi ugcwele ubudlova.

24Ngiyakuletha izizwe ezimbi kakhulu, zidle izindlu zabo, ngiqede ukuzidla kwabanamandla, izindawo zabo ezingcwele zingcoliswe.

25Ukunqunywa kuyeza; bayakufuna ukuthula, kepha akuyikuba khona.

26 Ingozi iyakwelanywa yingozi, umbiko ulandele umbiko; bayakufuna umbono womprofethi, kepha umthetho uyakuphela kumpristi nesiluleko kuwo amalunga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[27]Inkosi iyakulila, isikhulu siyakwembatha incithakalo, nezandla zabantu bezwe ziyakuhlushwa; ngiyakwenza kubo njengezindlela zabo, ngibahlulele njengezimfanelo zabo, bazi ukuthi ngJehova.

## UHezekeli 8

### Ukukhonzwa kwezithombe ethempelini

[1] Kwathi ngomnyaka wesithupha ngenyanga yesithupha ngolwesihlanu lwenyanga lapho ngihlezi endlini yami, amalunga akwaJuda ehlezi ngaphambi kwami, isandla seNkosi uJehova sawela lapho phezu kwami.

[2] Ngase ngibona, bheka, kwakunjengokubonakala komlilo; kusukela kokungathi ukhalo kuya phansi kwakungumlilo, kusukela okhalweni kuya phezulu kwakunjengokukhazimula nanjengethusi elimenyezelayo.

[3] Wayeselula kungathi isandla, wangibamba ngesihluthu sekhanda lami; uMoya wangiphakamisa phakathi komhlaba nezulu, wangiyisa ngemibono kaNkulunkulu eJerusalema esivalweni sesango legceke elingaphakathi elibheke ngasenyakatho, lapho kwakukhona isihlalo sesithombe somhawu, esibanga umhawu.

[4] Bheka, inkazimulo kaNkulunkulu ka-Israyeli yayilapho njengokuyibona kwami esigodini.

[5] Wathi kimi: Ndodana yomuntu, ake uphakamise amehlo akho ngendlela yasenyakatho. Ngase ngiwaphakamisa amehlo ami ngendlela yasenyakatho; bheka, ngasenyakatho kwesango lase-altare lesi sithombe somhawu sasisentubeni.

[6] Wathi kimi: Ndodana yomuntu, uyabona yini abakwenzayo, izinengiso ezinkulu indlu yakwa-Israyeli ezenzayo lapha ukuba ngidede kude nendlu yami engcwele na? Kepha uyakubuye ubone ezinye izinengiso ezinkulu.

[7]Wayesengiyisa esangweni legceke. Ngabona, bheka, nanso imbobo ogangeni.

[8]Wathi kimi: Ndodana yomuntu, gebhula ogangeni. Nanxa sengigebhulile ogangeni, bheka, nanko umnyango.

[9]Wayesethi kimi: Ngena ubone izinengiso ezimbi abazenzayo lapha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Ngangena, ngabona; bheka, zonke izimo zezilwanyana ezinwabuzelayo, nezilwane ezinengekayo, nazo zonke izithombe zendlu ka-Israyeli kudwetshiwe odongeni nxazonke.

11 Kwakumi phambi kwabo abantu abangamashumi ayisikhombisa bamalunga endlu yakwa-Israyeli, naphakathi kwabo uJahazaniya indodana kaShafani, kwaba yilowo nalowo enomcengezi wakhe womlilo esandleni sakhe, nephunga lefu lempepho lenyuka.

12 Wayesethi kimi: Ndodana yomuntu, uyabona yini akwenzayo amalunga endlu yakwa-Israyeli ebumnyameni, kube yilelo nalelo ekamelweni lalo lezithombe, na? Ngokuba athi: UJehova akasiboni, uJehova ulishiyile izwe.

13Futhi wathi kimi: Uyakubuye ubone ezinye izinengiso ezinkulu abazenzayo.

14Wayesengiyisa esivalweni sesango lendlu kaJehova elingasenyakatho; bheka, nampo abesifazane behlezi belilela uTamuzi.

15Wathi kimi: Uyakubona lokho wena ndodana yomuntu na? Uyakubuye ubone izinengiso ezinkulu kunalezi.

16 Wayesengingenisa egcekeni elingaphakathi lendlu kaJehova; bheka, ngasemnyango wethempeli likaJehova phakathi kompheme ne-altare kwakukhona kungathi amadoda angamashumi amabili nanhlanu efulathele ithempeli likaJehova, ubuso bawo bubhekene nempumalanga, ekhonza ilanga ngasempumalanga.

17Wathi kimi: Uyakubona lokhu wena ndodana yomuntu na? Kuyinto elula kuyo indlu yakwaJuda ukwenza izinengiso abazenzayo lapho na? Ngokuba sebeligcwalisile izwe ngobudlova, babuye bangicunula. Bhekani, babeka amagatsha emakhaleni abo.

18 Ngalokho ngiyakusebenza ngokufutheka; iso lami aliyikubahawukela, ngingabi nabubele; noma bememeza ezindlebeni zami ngezwi elikhulu, angiyikubezwa.

## UHezekeli 9

### Ukwahlulela kukaNkulunkulu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

1Wayesememeza ezindlebeni zami ngezwi elikhulu, ethi: Mazisondele izijeziso zomuzi, kube yilowo nalowo abe nezikhali zokubulala esandleni sakhe.

2 Bheka, kwafika amadoda ayisithupha evela endleleni yasesangweni lasenhla, elingasenyakatho, yileyo naleyo inesikhali sokubulala esandleni sayo, enye phakathi kwawo yembethe ilineni, inophondo lukayinki womlobi ngasokhalweni lwayo. Angena, ema ngaseceleni le-altare lethusi.

3 Inkazimulo kaNkulunkulu ka-Israyeli yayenyukile ekherubini eyayiphezu kwalo, yaya embundwini wendlu, wayibiza indoda eyembethe ilineni, eyayinophondo lukayinki womlobi ngasokhalweni lwayo.

4UJehova wathi kuyo: Dabula emzini, phakathi kweJerusalema, ubeke uphawu emabunzini abantu ababubula bekhala ngazo zonke izinengiso ezenziwa phakathi kwalo.

5Kwamanye washo ezindlebeni zami, wathi: Dabulani emzini emva kwayo, nibulale, iso lenu lingahawukeli, ningabi nabubele,

6 nibulale nichithe amaxhegu, nezinsizwa, nezintombi, nezingane, nabesifazane, ningasondeli kodwa kumuntu okukuye uphawu, niqale endlini yami engcwele. Ayeseqala ngamadoda amadala ayephambi kwendlu.

7Wathi kuwo: Ngcolisani indlu, nigcwalise amagceke ngababuleweyo. Phumani! Aphuma, abulala emzini.

8Kwathi esabulala, kwasala mina; ngawa ngobuso, ngakhala ngathi: Maye, Nkosi Jehova! Uyakubulala yonke insali yakwa-Israyeli ekutheleni kwakho ukufutheka kwakho phezu kweJerusalema na?

9 Wathi kimi: Ububi bendlu yakwa-Israyeli neyakwaJuda bukhulu kakhulu impela, nezwe ligcwele igazi, nomuzi ugcwele ukuhlanekezela, ngokuba bathi: UJehova ulishiyile izwe, uJehova akakuboni.

10 Nami-ke, iso lami aliyikubahawukela, ngingabi nabubele, kepha ngiyakwehlisela indlela yabo phezu kwekhanda labo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Bheka, indoda eyembethe ilineni, inophondo lukayinki ngasokhalweni lwayo, yabuyisa izwi, yathi: Ngenzile njengokungiyala kwakho.

## UHezekeli 10

1 Ngase ngibona, bheka, emkhathini owawuphezu kwamakhanda amakherubi kwabonakala okunjengetshe lesafire, kufana kungathi nesihlalo sobukhosi.

2 Wakhuluma kuyo indoda eyembethe ilineni, wathi: Ngena phakathi kwamasondo ayingilizayo phansi kwekherubi, ugcwalise izandla zakho zombili ngamalahle omlilo ophakathi kwamakherubi, uwahlakaze phezu komuzi. Yangena phambi kwamehlo ami.

3 Amakherubi ayemi ngakwesokunene kwendlu ekungeneni kwendoda, ifu lagcwalisa igceke elingaphakathi.

4 Inkazimulo kaJehova yenyuka ekherubini, yaya embundwini wendlu; indlu yagcwala ifu, igceke lagcwala ukumenyezela kwenkazimulo kaJehova.

5 Umsindo wamaphiko amakherubi wezwakala kwaze kwaba segcekeni elingaphandle njengezwi likaNkulunkulu uSomandla, lapho ekhuluma.

6 Kwathi lapho eyala indoda eyembethe ilineni, ethi: Thatha umlilo phakathi kwamasondo ayingilizayo phakathi kwamakherubi, yangena, eceleni kwesondo.

7 Ikherubi lelulela isandla salo liphakathi kwamakherubi kuwo umlilo owawuphakathi kwamakherubi, lawuthatha, lawubeka ezandleni zakhe owembethe ilineni; wawuthatha, waphuma.

8 Kwabonakala kuwo amakherubi isimo sesandla somuntu phansi kwamaphiko awo.

9 Ngabona, bheka, nanko amasondo amane eceleni kwamakherubi, elinye isondo eceleni kwelinye ikherubi nelinye isondo eceleni kwelinye ikherubi; ukubonakala kwamasondo kwakunjengetshe lekrisolithe.

10 Kungathi omane ayenesimo sinye, njengalokho kwakukhona isondo phakathi kwesondo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Ekuhambeni kwawo aya ezinhlangothini zozine, awaphendukanga ekuhambeni kwawo, kepha lapho ikhanda lalibhekisa khona alilandela; awaphendukanga ekuhambeni kwawo.

12Wonke umzimba wawo, nemihlane yawo, nezandla zawo, namaphiko awo, namasondo kwakugcwele amehlo nxazonke; yebo, amasondo lawa omane ayenawo.

13Amasondo ayebizwa ezindlebeni zami ngokuthi ayingilizayo.

14 Yilelo nalelo lalinobuso obune; ubuso bokuqala babungubuso bekherubi, ubuso besibili babungubuso bomuntu, obesithathu babungubuso bengonyama, nobesine babungubuso bokhozi.

15 Amakherubi aziphakamisa; yilezi zidalwa engazibona ngasemfuleni iKhebari.

16 Ekuhambeni kwamakherubi amasondo ahamba eceleni kwawo, nalapho amakherubi ephakamisa amaphiko awo ukwenyuka emhlabathini, amasondo awaphendukanga eceleni kwawo.

17Ekumeni kwawo nalawa ema; ekwenyukeni kwawo enyuka nawo, ngokuba umoya wezidalwa wayekuwo.

18Inkazimulo kaJehova yaphuma phezu kombundu wendlu, yema phezu kwamakherubi.

19Amakherubi aphakamisa amaphiko awo, enyuka emhlabathini phambi kwamehlo ami ekuphumeni kwawo, amasondo eseceleni kwawo; ema ngasesivalweni sesango lasempumalanga lendlu kaJehova; inkazimulo kaNkulunkulu ka-Israyeli yayiphezu kwawo.

20Yilezi zidalwa engazibona phansi kukaNkulunkulu ngasemfuleni iKhebari, ngazi ukuthi zazingamakherubi.

21Yilelo nalelo lalinobuso obune, yilelo lalinamaphiko amane, nesimo sezandla zomuntu sasiphansi kwamaphiko awo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Isimo sobuso bawo, bona babungubuso engabubona ngasemfuleni iKhebari, ukubonakala kwabo, yebo, bona uqobo lwabo; yilelo nalelo lahamba ngokuqonda kobuso balo.

## UHezekeli 11

### Abeluleki ababi

1 UMoya wangiphakamisa, wangiyisa esangweni lendlu kaJehova lasempumalanga, elibhekene nempumalanga; bheka, ngasesivalweni sesango kwakukhona amadoda angamashumi amabili nanhlanu; ngabona phakathi kwawo uJahazaniya indodana ka-Azuri noPhelathiya indodana kaBenaya, izikhulu zabantu.

2 Wathi kimi: Ndodana yomuntu, yilawa madoda aceba okubi, anika iziluleko ezimbi kulo muzi,

3 athi: Akuseduze yini ukuba kwakhiwe izindlu? Lo muzi uyikhanzi, thina siyinyama.

4 Ngalokho profetha ngabo, uprofethe, ndodana yomuntu.

5 UMoya kaJehova wehlela phezu kwami, wathi kimi: Yisho uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Nisho njalo nina ndlu ka-Israyeli; ngiyazi mina okungena emoyeni wenu.

6 Nandisile ababuleweyo benu kulo muzi, nigcwalisile izitaladi zawo ngababuleweyo.

7 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ababuleweyo benu enibabekile phakathi kwawo bayinyama, nawo uqobo uyikhanzi, kepha nina ngiyakunikhipha phakathi kwawo.

8 Niyesabile inkemba; ngiyakunehlisela inkemba, isho iNkosi uJehova.

9 Ngiyakunikhipha phakathi kwawo, ngininikele esandleni sabafokazi, ngahlulele phakathi kwenu.

10 Niyakuwa ngenkemba, nginahlulele emkhawulweni wakwa-Israyeli; nazi ukuthi nginguJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Lo muzi awuyikuba yikhanzi, nani aniyikuba yinyama phakathi kwalo; ngiyakunahlulela emkhawulweni wakwa-Israyeli,

12nazi ukuthi nginguJehova, ngokuba anihambanga ngezimiso zami, nezahlulelo zami anizenzanga, kepha nenze njengezahlulelo zezizwe ezinihaqayo.

**Isiprofetho sokubuyiswa**

13 Kwathi lapho ngiprofetha, uPhelathiya indodana kaBenaya wafa. Ngase ngiwa ngobuso, ngakhala ngezwi elikhulu, ngathi: O Nkosi Jehova, uyakwenza ukuba iphele insali yakwa-Israyeli na?

14Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

15 Ndodana yomuntu, abafowenu, yebo, abafowenu abayizihlobo zakho nayo yonke indlu yakwa-Israyeli, bonke abakhileyo eJerusalema abashilo kubo ukuthi: Dedani kuJehova; leli zwe linikiwe thina libe yifa.

16 Thana ngabo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Noma ngibadedisele kude phakathi kwezizwe, ngabahlakazela emazweni, ngaba yindlu engcwele nokho kubo isikhashana emazweni ababehlakazelwe kuwo.

17 Ngalokho thana: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakunibutha ezizweni, nginiqoqe emazweni enihlakazekelwe kuwo, ngininike izwe lakwa-Israyeli.

18 Bayakufika khona, basuse lapho konke okuzondekayo kwalo nazo zonke izinengiso zalo.

19 Ngiyakubanika inhliziyo ibe nye, ngibeke umoya omusha phakathi kwabo, ngikhiphe inhliziyo yetshe enyameni yabo, ngibanike inhliziyo yenyama

20 ukuba bahambe ngezimiso zami, bagcine izahlulelo zami, bazenze, babe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo.

21 Kepha labo abanhliziyo zabo zilandela izinhliziyo zokuzondekayo kwabo nezinengiso zabo, ngiyakwehlisela phezu kwamakhanda abo indlela yabo, isho iNkosi uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

22Amakherubi ayesephakamisa amaphiko awo namasondo ayeseceleni kwawo; inkazimulo kaNkulunkulu ka-Israyeli yayiphezu kwawo.

23Inkazimulo kaJehova yakhuphuka phakathi komuzi, yema entabeni engasempumalanga komuzi.

24UMoya wayesengiphakamisa, wangiyisa ngombono ngoMoya kaNkulunkulu eKalideya kubathunjwa. Wase wenyuka kimi umbono engiwubonileyo.

25Ngase ngikhuluma kubathunjwa zonke izinto uJehova angibonisile zona.

## UHezekeli 12

### Ukuthunjwa

1Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, wena uhlala phakathi kwendlu ehlubukayo nabanamehlo okubona bengaboni kodwa, abanezindlebe zokuzwa bengezwa nokho, ngokuba bayindlu ehlubukayo.

3 Wena ndodana yomuntu, zenzele impahla yokuhamba, usuke emini emehlweni abo, umuke endaweni yakho emehlweni abo, uye kwenye; mhlawumbe bayakubona ukuthi bayindlu ehlubukayo.

4Uyakukhipha impahla yakho emini emehlweni abo njengempahla yokuhamba, wena uphume kusihlwa emehlweni abo njengokuphuma ukuya ekuthunjweni.

5Gebhula ogangeni emehlweni abo, uyikhiphe impahla khona.

6 Uyakuyithwala ehlombe emehlweni abo, uyikhiphe sekumnyama, usibekele ubuso bakho, ukuze ungaboni izwe, ngokuba ngikubeke ukuba ube yisibonakaliso kuyo indlu yakwa-Israyeli.

7Ngenza njengokungiyala kwakhe; ngayikhipha impahla yami emini njengempahla yokuhamba, kusihlwa ngagebhula ogangeni ngesandla, nanxa sekumnyama ngayikhipha, ngayithwala ehlombe emehlweni abo.

8Lase lifika izwi likaJehova ekuseni, lathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ndodana yomuntu, ayishongo kuwe yini indlu yakwa-Israyeli, indlu ehlubukayo, yathi: Wenzani na?

10 Thana kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Lesi siprofetho ngesesikhulu saseJerusalema nesabo bonke abendlu yakwa-Israyeli abaphakathi kwalo.

11Thana: Ngiyisibonakaliso senu; njengalokho ngenzile, kuyakwenziwa kanjalo kubo; bayakuya ekuthunjweni, baboshwe.

12 Isikhulu esiphakathi kwabo siyakuthwala ehlombe sekumnyama, siphume, bagebhule ogangeni ukuba bakhiphe khona, sisibekele usubo baso, ngokuba asiyikubona izwe ngamehlo aso.

13 Ngiyakuleneka inetha lami phezu kwaso, sibanjwe ogibeni lwami; ngiyakusiyisa eBabele ezweni lamaKaledi. Kepha asiyikulibona, noma sifela khona.

14 Bonke abasizungezayo ukusisiza namaviyo aso ngiyakubahlakazela kuyo yonke imimoya, ngihoshe inkemba emva kwabo.

15 Bayakwazi ukuthi nginguJehova, lapho ngibahlakazela ezizweni, ngibasabalalisele emazweni.

16Kepha ngiyakushiya kubo abantu abayingcosana besala enkembeni, nasendlaleni, nasesifweni, ukuba balande ngazo zonke izinengiso zabo phakathi kwezizwe lapho befika khona, bazi ukuthi nginguJehova.

17Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

18 Ndodana yomuntu, yidla isinkwa sakho ngokuqhaqhazela, uphuze amanzi akho ngokuthuthumela nangokwesaba,

19 uthi kubantu bezwe: Isho kanje iNkosi uJehova ngabakhileyo eJerusalema ezweni lakwa-Israyeli, ithi: Bayakudla isinkwa sabo ngokwesaba, baphuze amanzi abo ngokumangala, ngokuba izwe lalo liyakuchithwa, laphucwe konke ukugcwala kwalo ngenxa yobudlova babo bonke abahlala kulo.

20Imizi ehlalwayo iyakuchithwa, izwe libe yincithakalo, nazi ukuthi nginguJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

22 Ndodana yomuntu, siyini leso saga eninaso ezweni lakwa-Israyeli sokuthi: Izinsuku ziyajobeleleka, nayo yonke imibono iphuthile, na?

23 Ngalokho thana kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakwenza ukuba siphele leso saga, bangabe besafanisa ngaso kwa-Israyeli, kepha khuluma kubo ngokuthi: Izinsuku sezisondele nokugcwaliseka kwemibono yonke.

24Ngokuba akusayikuba khona umbono oyize nokubhula okuthophayo endlini yakwa-Israyeli.

25Ngokuba mina Jehova ngiyakukhuluma izwi engiyakulikhuluma, lenzeke, lingabe lisalitshaziswa, ngokuba ezinsukwini zenu nina ndlu ehlubukayo ngiyakukhuluma izwi, ngilenze, isho iNkosi uJehova.

26Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

27 Ndodana yomuntu, bheka, abendlu ka-Israyeli bathi: Umbono awubonayo ungowezinsuku ezizayo, uprofetha ngezikhathi ezisekude.

28 Ngalokho thana kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Akusayikulitshaziswa zwi, kepha izwi engiyakulikhuluma liyakwenzeka, isho iNkosi uJehova.

## UHezekeli 13

### Abaprofethi bamanga

1Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, profetha ngabaprofethi bakwa-Israyeli abaprofethayo, uthi kwabaprofetha okwenhliziyo yabo: Zwanini izwi likaJehova.

3 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Wo kubaprofethi abayiziwula, abalandela umoya wabo nabangakubonanga!

4O Israyeli, abaprofethi bakho banjengezimpungushe ezindaweni ezichithekileyo.

5 Anenyukelanga ezikhaleni, anibiyelanga nokubiyela indlu yakwa-Israyeli ukuba ime ekulweni ngosuku lukaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Babonile okuyize nokubhula kwamanga abathi: Kusho uJehova, kepha uJehova kabathumanga, kodwa bethemba ukuthi ubeyakuqinisa izwi labo.

7Anibonanga umbono oyize, anikhulumanga ukubhula kwamanga, lapho nithi: Kusho uJehova, mina ngingakhulumanga, na?

8 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba nikhulumile okuyize, nibonile amanga, ngalokho bhekani, ngimelene nani, isho iNkosi uJehova.

9 Isandla sami siyakumelana nabaprofethi ababona okuyize nababhula amanga; abayikuba semkhandlwini wabantu bami, bangalotshwa encwadini yendlu yakwa-Israyeli, bangangeni ezweni lakwa-Israyeli, nazi ukuthi ngiyiNkosi uJehova.

10 Ngokuba, yebo, ngokuba bedukisile abantu bami ngokuthi: Ngukuthula, kungekho ukuthula, nangokuba lapho kwakhiwa ugange, bheka, balunameka ngodaka olungavuthiwe,

11yisho kwabanamekayo ukuthi luyakuwa; kuyakuwa imvula ekhukhulayo; nina matshe esichotho niyakuwa, nomoya wesivunguvungu uyakuludabula.

12Bheka, lapho ugange seluwile, akuyikushiwo kini ukuthi: Luphi udaka enanameka ngalo na?

13 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakuludabula ngomoya wesivunguvungu ngokufutheka kwami, kube yimvula ekhukhulayo ngentukuthelo yami, namatshe esichotho ngokufutheka ukuba aluqede.

14Ngiyakulubhidliza ugange enalunameka ngodaka olungavuthiwe, ngiludilizele phansi, lunamathele emhlabathini, kwambulwe isisekelo salo; yebo, luyakuwa, nina niphele phakathi kwalo, nazi ukuthi ngingu Jehova.

15Ngiyakufeza ukufutheka kwami ogangeni nakubo abalunameka ngodaka olungavuthiwe, ngithi kini: Alusekho ugange, abasekho abalunamekayo,

16abaprofethi bakwa-Israyeli abaprofetha ngeJerusalema, ababona imibono yokuthula ngalo, ukuthula kungekho, isho iNkosi uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[17] Wena ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho kuwo amadodakazi abantu bakho aprofetha okwenhliziyo yawo, uprofethe ngawo,

[18]uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Wo kwabesifazane abathungela zonke izindololwane izicamelo, benze imigubuzelo yamakhanda ezimo zonke ukuba bazingele imiphefumulo. Niyakuzingela yini imiphefumulo yabantu bami, nisindise imiphefumulo yenu,

[19] nina eningingcolisa phakathi kwabantu bami ngezinkweshe zebhali nangezingcezu zesinkwa ngokubulala imiphefumulo ebingayikufa nokusindisa imiphefumulo ebingayikuphila ngokuqamba kwenu amanga kubantu bami abalalela amanga, na?

[20] Qha! Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngimelene nezicamelo zenu enizingela ngazo lapha imiphefumulo njengezinyoni; ngiyakuzihlwitha ezingalweni zenu, ngivumele imiphefumulo ukuba ihambe, le miphefumulo eniyizingelayo njengezinyoni.

[21]Ngiyakuklebhula nemigubuzelo yenu, ngibophule abantu bami esandleni senu, bangabe besababikho esandleni senu ukuba bazingelwe, nazi ukuthi ngingu Jehova.

[22]Ngokuba nidabukisile inhliziyo yolungileyo ngamanga, engingamdabukisanga mina, naqinisa izandla zababi ukuba bangabuyi endleleni yabo embi, basindiswe,

[23]ngalokho anisayikubona okuyize, ningabe nisabhula ukubhula; ngiyakubophula abantu bami esandleni senu, nazi ukuthi ngingu Jehova.

## UHezekeli 14

### Isijeziso sabakhonza izithombe

[1] Kwafika kimi amadoda amalunga akwa-Israyeli, ahlala phambi kwami.

[2]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[3] Ndodana yomuntu, lawa madoda angenisile izithombe zawo ezinhliziyweni zawo, abeka isikhubekiso sokona kwawo phambi kobuso bawo. Impela ngiyakubuzwa yiwo na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

4Qha! Ngalokho khuluma kuwona, uthi kuwo: Isho kanje iNkosi uJehova,
ithi: Yilowo nalowo muntu wakwa-Israyeli ongenisa izithombe zakhe
enhliziyweni yakhe, abeke isikhubekiso sokona kwakhe phambi kobuso
bakhe, eze kumprofethi, mina Jehova ngiyakumphendula ngokobuningi
bezithombe zakhe,

5ukuze ngibambe indlu yakwa-Israyeli ngenhliziyo yabo, ngokuba bonke
bazahlukanisile nami ngezithombe zabo.

6 Ngalokho yisho kuyo indlu yakwa-Israyeli, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova,
ithi: Phendukani, nibuye ezithombeni zenu, nifulathele zonke izinengiso
zenu.

7 Ngokuba yilowo nalowo muntu wendlu ka-Israyeli nomfokazi ogogobele
kwa-Israyeli, ozahlukanisa nami, angenise izithombe zakhe enhliziyweni
yakhe, abeke isikhubekiso sokona kwakhe phambi kobuso bakhe, eze
kumprofethi ukuba azibuzele kimi, mina Jehova ngiyakumphendula
ngokwami,

8 ngibhekise ubuso bami bumelane nalowo muntu, ngimbeke abe
yisibonakaliso nesaga, ngimnqume, asuke phakathi kwabantu bami, nazi
ukuthi ngionguJehova.

9 Uma umprofethi eyengwa akhulume izwi, mina Jehova ngimyengile lowo
mprofethi; ngiyakwelulela isandla sami phezu kwakhe, ngimchithe phakathi
kwabantu bami u-Israyeli.

10Bayakuthwala ukona kwabo, ukona kobuzayo kube njengokona
komprofethi,

11ukuze indlu yakwa-Israyeli ingabe isaduka kimi, ingabe isazingcolisa
ngeziphambeko zayo zonke, kepha ibe ngabantu bami, mina ngibe
nguNkulunkulu wabo, isho iNkosi uJehova.

12Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Ndodana yomuntu, lapho izwe lona kimi ngokwenza iziphambeko, ngelulele isandla sami phezu kwalo, ngaphule uzime lwalo lwesinkwa, ngithume indlala kulo, nginqume kulo abantu nezilwane,

14 noma ebekhona phakathi kwalo lawa madoda amathathu, oNowa, noDaniyeli, noJobe, wona ayeyakophula imiphefumulo yawo kuphela ngokulunga kwawo, isho iNkosi uJehova.

15 Uma ngidabulisa izilwane ezimbi ezweni, ziliphange libe yincithakalo, ukuze kungadluli muntu ngenxa yezilwane,

16noma ebekhona lawo madoda amathathu phakathi kwalo, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, ayengayikophula amadodana noma amadodakazi, ophulwe wona odwa, izwe libe yincithakalo.

17 Nokuba bengiyakwehlisela inkemba phezu kwalelo zwe, ngithi: Inkemba mayidabule ezweni, ukuze nginqume kulo abantu nezilwane,

18noma ebekhona lawo madoda amathathu phakathi kwalo, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, ayengayikophula amadodana noma amadodakazi, ophulwe wona odwa.

19 Nokuba bengiyakuthuma isifo kulelo zwe, ngithele ukufutheka kwami phezu kwalo ngegazi ukuba nginqume kulo abantu nezilwane,

20noma bebekhona oNowa, noDaniyeli, noJobe phakathi kwalo, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, bebengayikophula amadodana noma amadodakazi, bophule imiphefumulo yabo kuphela ngokulunga kwabo.

21 Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Kakhulu kangakanani, lapho ngithuma eJerusalema izahlulelo zami ezine ezimbi, inkemba, nendlala, nezilwane ezesabekayo, nesifo ukuba nginqume kulo abantu nezilwane, na?

22 Kepha bheka, kuyakushiywa kulo ababalekileyo abayakukhishwa, amadodana namadodakazi; bheka, ayakuphumela kini, nibone indlela yawo nemisebenzi yawo, niduduzwe ngokubi engehlisele khona phezu kweJerusalema, yebo, ngakho konke engehlisele khona phezu kwalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[23]Ayakuniduduza, lapho nibona indlela yawo nemisebenzi yawo, nazi ukuthi angenzanga ngaphandle kwesizathu konke engikwenzileyo phakathi kwalo, isho iNkosi uJehova.

## UHezekeli 15

### Umvini owomileyo

[1] Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Ndodana yomuntu, umuthi womvini udlula ngani imithi yonke, igatsha lomvini eliphakathi kwemithi yasehlathini, na?

[3]Kuyakuthathwa kuwo umuthi wokwenza umsebenzi, noma kuthathwe kuwo isikhonkwane ukuphanyeka isitsha, na?

[4]Bheka, uyafakwa emlilweni ukuba udliwe, ziqedwe ngumlilo izihloko zawo zombili, kuhanguke okuphakathi kwazo; usulungele umsebenzi na?

[5]Bheka, usaphelele awenziwanga waba ngokomsebenzi; kakhulu kangakanani, lapho umlilo uwuqedile wahanguka, uyobe usenziwa ube ngokomsebenzi, na?

[6] Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Njengomuthi womvini phakathi kwemithi yasehlathini engiwunike umlilo ukuba uqedwe, kanjalo ngiyakunikela abakhileyo eJerusalema.

[7] Ngiyakubhekisa ubuso bami bumelane nabo; baphumile emlilweni, kepha umlilo uyakubaqeda; niyakwazi ukuthi nginguJehova, lapho ngibhekisa ubuso bami bumelane nabo.

[8]Ngiyakwenza izwe libe yincithakalo, ngokuba benze isiphambeko, isho iNkosi uJehova.

## UHezekeli 16

### Umfazi ongathembekiyo

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Ndodana yomuntu, yazisa iJerusalema izinengiso zalo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3uthi: Isho kanje iNkosi uJehova kulo iJerusalema, ithi: Ukudabuka kwakho nokuzalwa kwakho kungokwezwe laseKhanani; uyihlo wayengumAmori, nonyoko wayengumHetikazi.

4Ekuzalweni kwakho inkaba yakho ayinqunywanga ngosuku lokuzalwa kwakho, awugezwanga ngamanzi ukuba uhlambuluke, awuhlikihlwanga nakanye ngosawoti, awusongwanga nokusongwa.

5Awuhawukelwanga yiso ukuba kwenziwe lokhu kuwe, uphathwe ngobubele, kepha waphonswa endle, lokhu wanengeka ngosuku lokuzalwa kwakho.

6 Lapho ngidlula kuwe, ngikubona ungqasha egazini lakho, ngathi kuwe: Wena osegazini lakho: Phila! yebo, ngathi kuwe, wena osegazini lakho: Phila!

7Wande njengehlumela lasendle; wanda, wakhula, wabukeka nokubukeka; amabele akho aphuhla, izinwele zakho zazimilile, kepha wawunqunu, wawuze.

8 Lapho ngidlula kuwe, ngikubona, bheka, kwakuyisikhathi sakho, isikhathi sokuthanda; ngeneka ingubo yami phezu kwakho, ngembathisa ubunqunu bakho; yebo, ngafunga kuwe, ngangena esivumelwaneni nawe, isho iNkosi uJehova, waba ngowami.

9 Ngakugeza ngamanzi, ngahlanzisisa igazi lakho kuwe, ngakugcoba ngamafutha.

10Ngakwembathisa imifekethiso, ngakufaka izicathulo zesikhumba samatahasi, ngakubhincisa ilineni elicolekileyo, ngakusibekela ngosilika.

11Ngakuvunulisa ngezivunulo, ngafaka amasongo ezandleni zakho nomnaka entanyeni yakho.

12Ngafaka icici emakhaleni akho, namagenqeza ezindlebeni zakho, nomqhele omuhle ekhanda lakho.

13Wawusuhlotshisiwe ngegolide nangesiliva, isambatho sakho sasiyileneni elicolekileyo, nosilika, nemifekethiso; wadla impuphu ecolekileyo, nezinyosi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

namafutha; wawumuhle kakhulu impela, wahlahlamela, waze wathola ubukhosikazi.

14 Igama lakho laphumela ezizweni ngobuhle bakho, ngokuba laliphelele ngemihlobiso engangiyibeke kuwe, isho iNkosi uJehova.

15 Kepha wethemba ebuhleni bakho, wafebela igama lakho, wathululela bonke abadlulayo ubufebe bakho, baba ngobakhe.

16 Wathatha ezingutsheni zakho, wazenzela izindawo eziphakemeyo ezingamagqabhagqabha, wafeba kuzo, okungazange kwenzeke nokungasoze kwenziwa.

17 Wathatha izinto zakho ezinhle, egolideni lami nasesiliveni lami engangikunike khona, wazenzela izithombe zabesilisa, wafeba nazo.

18 Wathatha izingubo zakho ezifekethisiweyo, wazisibekela, wabeka amafutha ami nempepho yami phambi kwazo.

19 Nesinkwa sami engangikunike sona, impuphu ecolekileyo, namafutha, nezinyosi engangikudlise khona, wakubeka phambi kwazo, kwaba yiphunga elimnandi; kwaba njalo, isho iNkosi uJehova.

20 Wawathatha amadodana akho namadodakazi akho owangizalela wona, wawahlabela zona ukuba adliwe. Babubuncane ubufebe bakho

21 ukuba ubulale abantwana bami, unikele ngabo kuzo ngokubadabulisa emlilweni, na?

22 Kuzo zonke izinengiso zakho nakubo bonke ubufebe bakho awukhumbulanga izinsuku zobusha bakho, lapho wawunqunu, wawuze, wangqasha egazini lakho.

23 Kwathi emva kwabo bonke ububi bakho -- maye, maye kuwe! isho iNkosi uJehova --

24 wazakhela iqhugwane, wazenzela indawo ephakemeyo ezigcawini zonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Ezingosini zonke zezitaladi wakha izindawo zakho eziphakemeyo, wenza ubuhle bakho baba yisinengiso, wenekela bonke abadlulayo imilenze yakho, wandisa ubufebe bakho.

26 Wafeba nabaseGibithe, abakhelwane bakho, abanyama inkulu, wandisa ubufebe ukungicunula.

27 Bheka, ngase ngelulela isandla sami kuwe, nganciphisa ukudla owakunqunyelwayo, ngakunikela entandweni yabakuzondayo, amadodakazi amaFilisti, ayenamahloni ngendlela yakho yokukhanuka.

28 Wafeba nama-Asiriya ngokuba wawungakadeli; yebo wafeba nawo, kepha namanje wawungakadeli.

29 Wandisa ubufebe bakho kuze kubesezweni labathengi, iKalideya, kepha nangalokho awudelanga.

30 Yeka ubuthakathaka benhliziyo yakho, isho iNkosi uJehova, lokhu wenza zonke lezi zinto, izenzo zowesifazane oyisifebe esingazibambiyo.

31Wakha iqhugwane lakho ezingosini zezitaladi, wenza indawo yakho ephakemeyo kuzo zonke izigcawu, ungaba nganjengezifebe ngokudelela inkokhelo,

32wena mfazi ophingayo, othatha abafokazi esikhundleni sendoda yakhe.

33Zonke izifebe ziphiwa imivuzo, kepha wena unika zonke izithandwa zakho imivuzo, uziqashe ukuba zifike kuwe nxazonke ekufebeni kwakho.

34Wahlukene nabanye abesifazane ekufebeni kwakho ngalokho ukuthi akakho olandela wena ukuyofeba; ngokunika kwakho imivuzo, ungaphiwa imivuzo kodwa wena, ngalokho wahlukene.

35 Ngalokho yizwa, sifebe, izwi likaJehova.

36Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba uthululile amahloni akho, nobunqunu bakho bambulwa ngobufebe bakho nezithandwa zakho, nangenxa yazo zonke izithombe zezinengiso zakho, nangegazi labantwana bakho owabanika lona,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37 ngalokho bheka, ngiyakubutha zonke izithandwa zakho ozenamisile nazo, nazo zonke ozithandileyo, nazo zonke ozizondileyo, ngizibuthe ngakuwe zivela nxazonke, ngizambulele ubunqunu bakho ukuba zibone bonke ubunqunu bakho.

38 Ngiyakukwahlulela ngesahlulelo seziphingikazi nesabachithi begazi, ngehlisele phezu kwakho igazi lokufutheka nomhawu.

39Ngiyakukunikela esandleni sazo, zilibhidlize iqhugwane lakho, zizidilize izindawo zakho eziphakemeyo, zikuhlubule izingubo zakho, zithathe izinto zakho ezinhle, zikushiye unqunu, uze.

40Ziyakukwenyusela isixuku, zikukhande ngamatshe, zikuhlahlele ngezinkemba zazo.

41 Ziyakushisa izindlu zakho ngomlilo, zikwahlulele emehlweni abesifazane abaningi, ngenze ukuba uyeke ukufeba, wena ungabe usanika umvuzo.

42 Ngiyakuqeda ukufutheka kwami kuwe, umhawu wami usuke kuwe, ngibe nokuthula, ngingabe ngisacunuka.

43 Ngokuba awukhumbulanga izinsuku zobusha bakho, kepha ungikhathazile kukho konke lokhu, ngiyakwehlisela indlela yakho phezu kwekhanda lakho, isho iNkosi uJehova, ungenzi ukukhanuka phezu kwazo zonke ezinye izinengiso.

44 Bonke abalinganisa ngezaga bayakulinganisa ngalesi kuwe, bathi: Njengonina, injalo indodakazi.

45Uyindodakazi kanyoko owanengwa yindoda yakhe nabantwana bakhe; ungudade wawodadewenu abanengwa ngamadoda abo nabantwana babo; unyoko wayengumHetikazi, uyihlo wayengumAmori.

46Udadewenu omkhulu uyiSamariya elihlezi namadodakazi alo ngakwesokhohlo sakho; udadewenu omncane ohlezi ngakwesokunene sakho uyiSodoma namadodakazi alo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

47Awuhambanga ngezindlela zabo, awenzanga ngezinengiso zabo, kepha
njengokuba lokho kwakuyinto encane nje, wonakala kuzo zonke izindlela
zakho kunabo.

48 Kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, iSodoma udadewenu alenzanga lona
namadodakazi alo njengalokho wenzile wena namadodakazi akho.

49 Bheka, nakhu ukona kukadadewenu iSodoma; ukuzidla, nokusutha
ukudla, nokuzinza okuthuleyo kwakukhona kulo nakuwo amadodakazi alo,
kepha aliqinisanga isandla sabampofu nabaswelayo.

50 Babeziphakamisa, benza izinengiso phambi kwami; ngase ngibasusa
njengokubona kwami.

51 ISamariya alenzanga inxenye yezono zakho; kepha wandisile izinengiso
zakho kunabo, wathetha odadewenu ngazo zonke izinengiso ozenzileyo.

52Thwala wena ihlazo lakho, lokhu wathetha odadewenu; ngezono zakho
ozenzileyo ezinengekayo balungile kunawe; yebo, mawujabhe, uthwale
ihlazo lakho ngokuthetha odadewenu.

53 Ngiyakubuyisa ukuthunjwa kwabo, ukuthunjwa kweSodoma
nokwamadodakazi alo, nokuthunjwa kweSamariya nokwamadodakazi alo,
nokuthunjwa kwabathunjwa bakho phakathi kwawo

54ukuba uthwale ihlazo lakho, ujabhe ngenxa yakho konke okwenzileyo, ube
yinduduzo kubo.

55Odadewenu, iSodoma namadodakazi alo, bayakubuyela esimweni sabo
sokuqala, neSamariya namadodakazi alo bayakubuyela esimweni sabo
sokuqala, wena namadodakazi akho nibuyele esimweni senu sokuqala.

56Ngokuba udadewenu iSodoma akaphathwanga ngomlomo wakho ngosuku
lokuzidla kwakho,

57 bungakambulwa ububi bakho, njengasesikhathini sehlazo lamadodakazi
ase-Aramu nawo onke amadodakazi amaFilisti alihaqayo, akudumaza
nxazonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

58Usuyathwala ukukhanuka kwakho nezinengiso zakho, usho uJehova.

59 Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakwenza kuwe njengalokho okwenzileyo, udelele isifungo, waphula isivumelwano.

60Kepha mina ngiyakusikhumbula isivumelwano sami nawe ebusheni bakho, ngikumisele isivumelwano esiphakade.

61Usuyakuzikhumbula izindlela zakho, ujabhe, lapho uyakubamukela odadewenu, omkhulu nomncane, ngikunike wona abe ngamadodakazi, kungabi ngesivumelwano sakho kodwa.

62Sengiyakumisa isivumelwano sami nawe, wazi ukuthi ngnguJehova

63ukuba ukhumbule, ube namahloni, ungabe usavula umlomo wakho ngenxa yehlazo lakho, lapho ngikuthethelele konke okwenzileyo, isho iNkosi uJehova.

## UHezekeli 17

### Izinkozi nomvini

1Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, yisho imfumbe, ukhulume ngomfanekiso kuyo indlu yakwa-Israyeli,

3 uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ukhozi olukhulu olunamaphiko amakhulu noluzimpaphe zalo zinkulu, lugcwele izimpaphe ezinemibala eyahlukeneyo, lweza eLebanoni, lwathatha isihloko somsedari,

4lwanquma igatsha elisha eliphezulu, lwaliyisa ezweni labahwebi, lwalibeka emzini wabathengi.

5 Lwathatha nasembewini yezwe, lwayitshala emhlabathini othelayo, lwayibeka ngasemanzini amaningi, lwayifaka njengomnyezane.

6Yamila, yaba ngumvini owenabayo, omfushane ngesimo, ukuze amagatsha awo abhekane nalo, nezimpande zawo zibe phansi kwalo; waba ngumvini-ke, waveza amagatsha, wakhipha amahlumela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Kepha kwakukhona nolunye ukhozi olukhulu olunamaphiko amakhulu nezimpaphe eziningi; bheka, lo mvini wabhekisa izimpande zawo kulo, waphumisela kulo amagatsha awo ukuba luwunisele kunemisele lapho wawutshalwe khona.

8 Wawusemhlabathini omuhle ngasemanzini amaningi ukuba uveze amagatsha, uthele izithelo, ube ngumvini omuhle.

9 Thana: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Uyakuphumelela na? Aluyikusiphula izimpande zawo, lunqume izithelo zawo, ukuze ubune, kubune onke amaqabunga ahlumelelayo, bese kungafuneki amandla amakhulu nabantu abaningi ukuwusiphula ngezimpande zawo, na?

10 Bheka, lapho usutshaliwe, uyakuphumelela na? Awuyikubuna nokubuna, lapho umoya wasempumalanga uwuthinta, ubune emiseleni lapho uhlumele khona, na?

11 Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

12 Thana kuyo indlu ehlubukayo: Anazi ukuthi lezi zinto ziyini? Yisho ukuthi: Bheka, inkosi yaseBabele yafika eJerusalema, yathatha inkosi yalo nezikhulu zalo, yabayisa kuyo eBabele.

13 Yayisithatha owenzalo yobukhosi, yenza isivumelwano naye, yamngenisa phansi kwesifungo, yasusa abakhulu bezwe,

14 ukuze umbuso uthotshiswe, ungaziphakamisi, kepha ume ngokugcina isivumelwano sakhe.

15 Kepha wahlubuka kuyo ngokuthuma izithunywa zakhe eGibithe ukuba aphiwe amahhashi nabantu abaningi. Uyakuphumelela, uyakubaleka yini owenzayo lokho, uyakusaphula isivumelwano, aphunyuke, na?

16 Kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, impela endaweni yenkosi eyambeka inkosi, esifungo sayo wasidelela, nesivumelwano sayo wasaphula, uyakufa naye phakathi kweBabele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

[17] UFaro akayikumenzela impi enkulu nebandla elikhulu empini, lapho benqwabela iduli, bakhe izinqaba, ukuze banqume abantu abaningi.

[18]Ngokuba udelele isifungo ngokusaphula isivumelwano, wakwenza konke lokhu, noma enikile isithembiso sakhe; bheka, kayikuphunyuka.

[19] Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Kuphila kwami, impela isifungo sami asideleleyo nesivumelwano sami asaphulileyo ngiyakukwehlisela phezu kwekhanda lakhe.

[20] Ngiyakweneka inetha lami, abanjwe ogibeni lwami, ngimyise eBabele, ngimahlulele khona ngeseqo sakhe eqe ngaso kimi.

[21]Bonke ababalekayo bakhe kuwo onke amaviyo akhe bayakuwa ngenkemba, nabaseleyo bayakuhlakazelwa kuyo imimoya yonke, nazi ukuthi mina Jehova ngikukhulumile.

[22] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Nami ngiyakuthatha esihlokweni somsedari omude, ngisitshale, nginqume emagatsheni amasha aphezulu elithambileyo, ngilitshale entabeni ende ephakemeyo,

[23] ngilitshale empakameni yentaba yakwa-Israyeli, liveze amagatsha, lithele izithelo, libe ngumsedari omuhle, kuhlale phansi kwamagatsha onke izinyoni zezinhlobo zonke, zihlale ethunzini lamagatsha alo.

[24]Yonke imithi yasendle iyakwazi ukuthi mina Jehova ngiwisile umuthi omude, ngiphakamisile umuthi omfushane; ngomisile umuthi oluhlaza, ngihlumisile umuthi owomileyo. Mina Jehova ngikukhulumile, ngakwenza.

## UHezekeli 18

### Ukulunga kukaNkulunkulu okuphindiselayo

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Kuyini kini ukuba nilinganise ngalesi saga ezweni lakwa-Israyeli sokuthi: Oyise badlile izithelo zomvini ezimuncu, amazinyo abantwana aba bushelezi, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, akusayikubakho ukulinganisa ngalesi saga kwa-Israyeli.

4 Bheka, yonke imiphefumulo ingeyami, umphefumulo kayise njengomphefumulo womntwana; ingeyami; umphefumulo owonayo uyakufa.

5 Kepha uma umuntu olungileyo enza ukwahlulela nokulunga,

6 engadli ezintabeni, engaphakamisi amehlo akhe ezithombeni zendlu yakwa-Israyeli, engangcolisi umkamakhelwane wakhe, engasondeli kowesifazane ekungcoleni kwakhe;

7 engacindezeli muntu, ebuyisela kotshelekayo isibambiso sakhe, engaphangi nokuphanga, kepha enika abalambileyo isinkwa sakhe, embathisa abanqunu izingubo;

8 enganiki ngenzalo, engamukeli inzuzo, ebuyisa isandla sakhe ebubini, enza ukwahlulela okuqinisileyo phakathi komuntu nomuntu;

9 ehamba ngezimiso zami, egcina izahlulelo zami ukuba enze iqiniso, ulungile, uyakuphila nokuphila, isho iNkosi uJehova.

10 Uma ezala indodana engumphangi nomchithi wegazi, ikwenza okunye kwalokho,

11 yena engakwenzanga kodwa: Idla ezintabeni, ingcolisa umkamakhelwane wayo,

12 icindezela abampofu nabaswelayo, iphanga nokuphanga, ingabuyisi isibambiso, iphakamisa amehlo ayo ezithombeni, yenza izinengiso;

13 inika ngenzalo, yamukela inzuzo. Iyakuphila na? Cha, ayiyikuphila. Yenzile zonke lezi zinengiso; iyakubulawa nokubulawa, igazi layo libe phezu kwayo.

14 Bheka, uma ezala indodana ebona zonke izono zikayise azenzileyo, ibone ingenzi njengazo:

15 Ingadli ezintabeni, ingaphakamisi amehlo ayo ezithombeni zendlu yakwa-Israyeli, ingangcolisi umkamakhelwane wayo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16ingacindezeli muntu, ingamukeli isibambiso, ingaphangi nokuphanga, kepha inika abampofu isinkwa sayo, yembathisa abanqunu izingubo.

17Ibuyisa isandla sayo kwabampofu, ingamukeli inzalo nenzuzo, yenza izahlulelo zami, ihamba ngezimiso zami. Yona ayiyikufa ngokona kukayise, iyakuphila nokuphila.

18Uyise, ngokuba wacindezela nokucindezela, waphanga nokuphanga umfowabo, wenza okungekuhle phakathi kwabantu bakhe, bheka, yena uyakufa ngokona kwakhe.

19 Kepha nithi: Indodana ayithwali ngani ukona kukayise na? Indodana isikwenzile ukwahlulela nokulunga, yagcina zonke izimiso zami, yazenza, iyakuphila nokuphila.

20 Umphefumulo owonayo uyakufa; indodana ayiyikuthwala ukona kukayise, uyise angathwali ukona kwendodana; ukulunga kolungileyo kuyakuba phezu kwakhe, nobubi bomubi buyakuba phezu kwakhe.

21 Kepha uma omubi ebuya kuzo zonke izono zakhe azenzileyo, agcine zonke izimiso zami, enze ukwahlulela nokulunga, uyakuphila nokuphila; kayikufa.

22Iziphambeko zakhe, nesisodwa asenzileyo asiyikukhunjulelwa kuye, aphile ngokulunga akwenzileyo.

23 Ngiyenamela nokwenamela ukufa komubi yini, isho iNkosi uJehova, kungabi ukuba abuye endleleni yakhe, aphile, na?

24 Kepha lapho olungileyo ephenduka ekulungeni kwakhe, enze okubi, enze zonke izinengiso azenzayo omubi, uyakuphila na? Izenzo zakhe ezilungileyo, nesisodwa asenzileyo asiyikukhunjulwa, afele ezeqweni eqe ngazo nasezonweni one ngazo.

25 Kodwa nithi: Indlela yeNkosi ayilingani. Yizwani nina ndlu yakwa-Israyeli: Indlela yami ayilingani na? Angithi yizindlela zenu ezingalingani na?

26Lapho olungileyo ephenduka ekulungeni kwakhe, enze okubi, uyakufa ngakho, afe ngenxa yokubi akwenzileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Lapho omubi ephenduka ebubini bakhe abenzileyo, enze ukwahlulela
nokulunga, uyakusindisa umphefumulo wakhe.

28Ngokuba ebona, abuye ezeqweni zakhe zonke azenzileyo, uyakuphila
nokuphila, angafi.

29Kepha indlu yakwa-Israyeli ithi: Indlela yeNkosi ayilingani. Wena ndlu
yakwa-Israyeli, izindlela zami azilingani na? Angithi yizindlela zenu
ezingalingani na?

30 Ngalokho ngiyakunahlulela nina ndlu yakwa-Israyeli, kube yilowo nalowo
njengezindlela zakhe, isho iNkosi uJehova. Phendukani, nibuye ezeqweni
zenu zonke, ububi bungabi yisikhubekiso senu.

31 Lahlani kini zonke izeqo zenu eneqe ngazo, nizenzele inhliziyo entsha
nomoya omusha, ngokuba uyakufelani wena ndlu yakwa-Israyeli na?

32Ngokuba angenameli ukufa kofayo, isho iNkosi uJehova; ngalokho buyani,
niphile.

## UHezekeli 19

### Isililo ngendlu yakwa-Israyeli

1 Phakamisa wena isililo ngezikhulu zakwa-Israyeli, uthi:

2 Unyoko wayeyingonyamakazi enjani phakathi kwezingonyama! Yabuthisa
phakathi kwamabhongo, yondla amawundlu ayo.

3 Yakhulisa elinye lamawundlu ayo, laba yibhongo; lafunda ukubamba
impango, ladla abantu.

4Izizwe zezwa ngalo, labanjwa emgodini wazo; zaliyisa ngezingwegwe
ezweni laseGibithe.

5 Nxa isilindile, yabona ukuthi ithemba layo liphelile; yathatha elinye
lamawundlu ayo, yalenza ibhongo.

6Lahambahamba phakathi kwezingonyama, liyibhongo; lafunda ukubamba
impango, ladla abantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Labhidliza izinqaba zabo, lachitha imizi yabo, izwe lachitheka nokugcwala kwalo ngomsindo wokubhonga kwalo.

8Izizwe zase zilihlelela nxazonke, zivela emazweni, zeneka phezu kwalo inetha, labanjwa emgodini wazo.

9 Zalifaka endlwaneni evaliweyo ngezingwegwe, zaliyisa enkosini yaseBabele, zalingenisa ezinqabeni ukuba izwi lalo lingabe lisezwakala ezintabeni zakwa-Israyeli.

10 Unyoko wayenjengomvini, usahlezi ngokuthula, utshalwe ngasemanzini; wawunezithelo namahlumela ngenxa yamanzi amaningi.

11Wawunezingatsha ezinamandla ezaba yizintonga zababusayo; isiqu sawo sasiphakeme phakathi kwamaqabunga amaningi, waze wabonakala phezulu phakathi kwamahlumela awo amaningi.

12 Kepha wasishulwa ngokufutheka, waphonselwa phansi, umoya wasempumalanga womisa izithelo zawo; isiqu sawo esiqinileyo saphulwa, sabuna, umlilo wasiqeda.

13Manje usutshaliwe ehlane ezweni elishileyo nelomileyo.

14 Umlilo uphumile esiqwini sawo, wadla amagatsha awo nezithelo zawo, kwaze kwangabe kusaba khona kuwo igatsha eliqinileyo, nantonga yokubusa. Lokhu kuyisililo; makube yisililo.

## UHezekeli 20

### Ukuphathwa kuka-Israyeli nguNkulunkulu

1 Kwathi ngomnyaka wesikhombisa, ngenyanga yesihlanu, ngolweshumi lwenyanga kwafika amadoda athile amalunga akwa-Israyeli ukuba abuze kuJehova; ahlala phambi kwami.

2Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

3 Ndodana yomuntu, khuluma emalungeni akwa-Israyeli, uthi kuwo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Nifike ukubuza kimi na? Kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, angiyikubuzwa yinina.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Uma ubahlulela, uma ubahlulela, ndodana yomuntu, bazise izinengiso
zawoyise,

5 uthi kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngosuku engakhetha ngalo u-
Israyeli ngaphakamisela inzalo yendlu yakwaJakobe isandla sami, ngazazisa
kubo ezweni laseGibithe, ngabaphakamisela isandla sami, ngathi:
NginguJehova uNkulunkulu wenu.

6 Ngalolo suku ngabaphakamisela isandla sami ukuba ngibakhiphe ezweni
laseGibithe, ngibayise ezweni engangibafunele lona, lichichima ubisi
nezinyosi, elihle kunawo onke amazwe.

7 Ngathi kubo: Lahlani, kube yilowo nalowo okuzondekayo kwamehlo akhe,
ningazingcolisi ngezithombe zaseGibithe. NginguJehova uNkulunkulu wenu.

8 Kepha bangihlubuka, abangilalelanga, abalahlanga, kwaba yilowo nalowo
okuzondekayo kwamehlo akhe, abazishiyanga izithombe zaseGibithe; ngase
ngithi ngiyakuthulula ukufutheka kwami phezu kwabo, ngifeze intukuthelo
yami kubo phakathi kwezwe laseGibithe.

9 Ngakwenza ngenxa yegama lami ukuba lingangcoliswa emehlweni ezizwe
ababephakathi kwazo, nengazazisa emehlweni azo kubo ngokubakhipha
ezweni laseGibithe.

10 Ngase ngibakhipha ezweni laseGibithe, ngabangenisa ehlane.

11 Ngabanika izimiso zami, ngabazisa izahlulelo zami umuntu ayakuphila
ngazo uma ezenza.

12 Ngabanika futhi amasabatha ami abe yisibonakaliso phakathi kwami nabo,
ukuze bazi ukuthi nginguJehova obangcwelisayo.

13 Kepha indlu yakwa-Israyeli yangihlubuka ehlane; abahambanga ngezimiso
zami, balahla izahlulelo zami umuntu ayakuphila ngazo uma ezenza;
amasabatha ami bawona kakhulu; ngase ngithi ngiyakuthulula ukufutheka
kwami phezu kwabo ehlane ukuba kubaqede.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Ngakwenza ngenxa yegama lami ukuba lingangcoliswa emehlweni ezizwe engabakhipha emehlweni azo.

15 Yebo, ngabaphakamisela isandla sami ehlane ukuba ngingabangenisi ezweni engangibanike lona, lichichima ubisi nezinyosi, elihle kunawo onke amazwe,

16ngokuba balahla izahlulelo zami, abahambanga ngezimiso zami, bawona amasabatha ami, ngokuba izinhliziyo zabo zalandela izithombe zabo.

17Nokho iso lami labahawukela ukuze bangachithwa, angibaqedanga ngokupheleleyo ehlane.

18Ngathi kubantwana babo ehlane: Ningahambi ngezimiso zawoyihlo, ningagcini izahlulelo zabo, ningazingcolisi ngezithombe zabo.

19 NginguJehova uNkulunkulu wenu: hambani ngezimiso zami, nigcine izahlulelo zami, nizenze,

20ningcwelise amasabatha ami, abe yisibonakaliso phakathi kwami nani, ukuze nazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu.

21 Kepha abantwana bangihlubuka, abahambanga ngezimiso zami, abagcinanga izahlulelo zami ukuba bazenze, umuntu ayakuphila ngazo uma ezenza; bawona amasabatha ami; ngase ngithi ngiyakuthulula ukufutheka kwami phezu kwabo, ngifeze intukuthelo yami kubo ehlane.

22Nokho ngabuyisa isandla sami, ngakwenza ngenxa yegama lami ukuba lingangcoliswa emehlweni ezizwe engabakhipha emehlweni azo.

23Futhi ngabaphakamisela isandla sami ehlane ukuba ngibahlakazele phakathi kwezizwe, ngibasabalalisele emazweni,

24ngenxa yokuba bengenzanga izahlulelo zami, belahla izimiso zami, bewona amasabatha ami, amehlo abo elandela izithombe zawoyise.

25 Nami ngabanika izimiso ezazingezinhle nezahlulelo ababengayikuphila ngazo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26 Ngabangcolisa eminikelweni yabo ngokudabulisa emlilweni konke okuvula izizalo, ukuze ngibachithe, bazi ukuthi nginguJehova.

27 Ngalokho, ndodana yomuntu, khuluma kuyo indlu yakwa-Israyeli, uthi kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, uthi: Kulokho oyihlo bangihlambalazile ngokwenza isiphambeko kimi.

28 Lapho ngangibangenise ezweni engaphakamisela isandla sami ukubanika lona, bebona amagquma onke aphakemeyo nayo yonke imithi edumbileyo, bese benikela khona ngemihlatshelo yabo, banika khona isicunulo somnikelo wabo, babeka lapho iphunga labo elimnandi, bathulula khona iminikelo yabo yokuphuzwa.

29 Ngase ngithi kubo: Iyini indawo ephakemeyo eniya kuyo na?  Lase libizwa igama layo ngokuthi indawo ephakemeyo kuze kube namuhla.

30 Ngalokho thana kuyo indlu yakwa-Israyeli: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Niyakuzingcolisa ngendlela yawoyihlo, nilandele ngokuphinga okuzondekayo kwabo, na?

31 Ekuletheni iminikelo yenu nasekudabuliseni amadodana enu emlilweni niyazingcolisa ngazo zonke izithombe zenu kuze kube namuhla. Mina ngiyakubuzwa yinina, nina ndlu yakwa-Israyeli, na? Qha, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, angiyikubuzwa yinina.

32 Okungenayo ezinhliziyweni zenu akuyikuba khona impela, lokhu enikushoyo ukuthi: Siyakuba njengezizwe, njengemindeni yamazwe, ukuba sikhonze umuthi namatshe.

33 Kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, impela ngesandla esinamandla, nangengalo eyeluliweyo, nangokufutheka okuthululiweyo ngiyakuba yinkosi phezu kwenu.

34 Ngiyakunikhipha phakathi kwabantu, nginibuthe emazweni lapho nihlakazekele khona ngesandla esinamandla, nangengalo eyeluliweyo, nangokufutheka okuthululiweyo,

35 nginiyise ehlane labantu, ngahlulelane nani khona ubuso nobuso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

36Njengalokho ngahlulelana nawoyihlo ehlane lezwe laseGibithe, kanjalo ngiyakwahlulelana nani, isho iNkosi uJehova.

37Ngiyakunidlulisa phansi kwentonga, nginingenise phansi kwesibopho sesivumelwano,

38ngihlunge kini abahlubuki nabeqayo kimi, ngibakhiphe ezweni lapho begogobele khona, bangangeni ezweni lakwa-Israyeli kodwa, nazi ukuthi nginguJehova.

39 Nina ndlu yakwa-Israyeli, isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Hambani nikhonze, kube yilowo isithombe sakhe, kepha impela ngasemuva niyakungilalela, ningabe nisalingcolisa igama lami elingcwele ngeminikelo yenu nangezithombe zenu.

40Ngokuba entabeni yami engcwele, empakameni yentaba yakwa-Israyeli, isho iNkosi uJehova, indlu yonke yakwa-Israyeli, yonke yayo, iyakungikhonza ezweni; ngiyakubamukela khona, ngibize iminikelo yenu, nolibo lweminikelo yenu, nakho konke okungcwele kwenu.

41Ngephunga elimnandi ngiyakunamukela, lapho nginikhipha kubantu, nginibuthe emazweni lapho nihlakazekele khona, ngingcweliswe kini emehlweni ezizwe.

42Niyakwazi ukuthi nginguJehova, lapho nginingenisa ezweni lakwa-Israyeli, izwe engaliphakamisela isandla sami ukuba ngilinike oyihlo.

43 Niyakukhumbula khona izindlela zenu, nazo zonke izenzo zenu enizingcolise ngazo, ninengeke emehlweni enu ngakho konke okubi enikwenzileyo.

44Niyakwazi ukuthi nginguJehova, lapho ngisebenza kini ngokwegama lami kungengokwezindlela zenu ezimbi nezenzo zenu ezonakeleyo nina ndlu yakwa-Israyeli, isho iNkosi uJehova.

**Umlilo wasehlathini**

45Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

46 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho ngaseningizimu, izwi liconsele ngenzansi, uprofethe ngehlathi lasendle eningizimu,

47 uthi kulo ihlathi laseningizimu: Yizwa izwi likaJehova elithi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiyakuphemba umlilo kuwe, udle yonke imithi eluhlaza kuwe nayo yonke imithi eyomileyo, ilangabi elivuthayo lingacimeki, kuhwamuke ngalo bonke ubuso kusukela eningizimu kuye enyakatho.

48Inyama yonke iyakubona ukuthi mina Jehova ngiwuphembile, awuyikucimeka.

49Ngathi: Awu, Nkosi Jehova! Bathi ngami: Asithi uyalinganisa ngezaga na?

## UHezekeli 21

### Inkemba kaJehova

1Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho ngaseJerusalema, izwi lakho liconsele ngasezindaweni ezingcwele, uprofethe ngezwe lakwa-Israyeli,

3uthi kulo izwe lakwa-Israyeli: Usho kanje uJehova, uthi: Bheka, ngimelene nawe; ngiyakuhosha inkemba yami emgodleni wayo, nginqume abalungileyo nababi.

4Ngenxa yokuba ngiyakunquma kuwe abalungileyo nababi, ngalokho inkemba yami iyakuphuma emgodleni wayo, iphumele inyama yonke kusukela eningizimu kuye enyakatho.

5Yonke inyama iyakwazi ukuthi mina Jehova ngihoshile inkemba emgodleni wayo, ayisayikubuya.

6 Kepha wena ndodana yomuntu, bubula, ububule ngomunyu emehlweni abo ngokwaphuka kokhalo lwakho.

7 Kuyakuthi lapho besho kuwe ukuthi: Ububulelani wena na? uthi: Ngenxa yombiko, ngokuba lapho ufika, izinhliziyo zonke ziyakuphela amandla, izandla zonke zidangale, kuhlwe emimoyeni yonke, amadolo onke abe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

buthakathaka njengamanzi. Bheka, kuyeza, futhi kuyakwenzeka, isho iNkosi uJehova.

### Ihubo lenkemba

8 Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

9 Ndodana yomuntu, profetha uthi: Isho kanje iNkosi, ithi: Thana: Inkemba, inkemba iloliwe, futhi iphucuziwe.

10 Ilolelwe ukubulala nokubulala, iphucuziwe ukuba ibe njengonyazi. Besiyakujabula na? Le ntonga, ndodana yami, idelela konke okomuthi.

11 Uyinikele ukuphucuzwa ukuba ibanjwe ngesandla; yebo, isiloliwe inkemba, isiphucuziwe ukuba inikelwe esandleni sombulali.

12 Khala, uhhewule, ndodana yomuntu, ngokuba iyakuba phezu kwabantu bami, ibe phezu kwazo zonke izikhulu zakwa-Israyeli, zinikelwe enkembeni kanye nabantu bami; ngalokho shaya ithanga lakho.

13 Sekuyalingwa; kunjani uma intonga edelela manje ayisayikubakho na? isho iNkosi uJehova.

14 Wena ndodana yomuntu, profetha, ushayanise izandla, inkemba iphindwe kathathu, ibe ngeyababulawayo nenkemba yokubulawa komkhulu, ibahaqe.

15 Ukuba izinhliziyo zabo ziphele amandla, nezikhubekiso zabo zande, ngiyakubeka inkemba ekhazimulayo kuwo onke amasango abo; awu, yenziwe njengonyazi, ihoshelwe ukubulala!

16 Nquma ngakwesokunene, usukele ngakwesokhohlo, lapho ubuso bakho bubheka khona.

17 Ngiyakushayanisa izandla zami, ngiphumuze ukufutheka kwami; mina Jehova ngikhulumile.

18 Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

19 Wena ndodana yomuntu, zibekele izindlela ezimbili zokufika kwenkemba yenkosi yaseBabele, zombili ziphume ezweni linye, wenze isiqondiso sendlela, usibeke engosini yezindlela zomuzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Misa indlela yokufika kwenkemba eRaba labantwana bakwa-Amoni nakwaJuda eJerusalema elibiyelweyo.

21 Ngokuba inkosi yaseBabele isimi egumbini lezindlela engosini yezindlela zombili ukuba ibhule; ixhakazisa imicibisholo, ibuza amatherafi, ibheka esibindini.

22 Kwesokunene sayo kukhona inkatho iJerusalema ukuba kubekwe izinqama zokungqubuza, kuvulwe umlomo ngokumemeza, kuphakanyiswe izwi ngokukhala, ukuze kubekwe izinqama zokungqubuza emasangweni, kunqwatshelwe amaduli, kwakhiwe izinqaba.

23 Kukubo njengokubhula kwamanga emehlweni abo, njengalokhu bekhona abafunge izifungo kubo. Kepha iyakhumbuza ukona, ukuze babanjwe.

24 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba nikhumbuzile ukona kwenu ekwambulweni kwezeqo zenu, ukuze izono zenu zibonakale kuzo zonke izenzo zenu, yebo, ngokuba senikhunjulwa, niyakubanjwa ngesandla.

25 Wena sikhulu sakwa-Israyeli, shinga elibulawayo, elilusuku lwakho lufika ngesikhathi sokuphela kobubi,

26 isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Susa isigqoko, wethule umqhele; lokhu akuyikuba yikho; phakamisa okuthobekileyo, uthobise okuphakemeyo.

27 Kuyakugumbuqelwa, kugumbuqelwe, kugumbuqelwe yimi; nalokhu akuyikuba khona, aze afike yena omfanelo ingeyakhe, ngimnike khona.

28 Wena ndodana yomuntu, profetha uthi: Isho kanje iNkosi uNkulunkulu ngabantwana bakwa-Amoni nangehlazo labo, ithi: Thana wena: Inkemba, inkemba ihoshiwe, iphucuzelwe ukubulala nokuqothula, ibe njengonyazi,

29 besakubonisa amanga, bekubhulela inkohliso yokuthi uyakubekwa ezintanyeni zababi ababulawayo, abalusuku lwabo lufika ngesikhathi sokuphela kokubi.

30 Mayibuyiselwe emgodleni. Endaweni lapho wadalwa khona, ezweni lokudabuka kwakho, lapho ngiyakukwahlulela khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[31]Ngiyakuthulula phezu kwakho intukuthelo yami, ngikufuthe ngomlilo wolaka lwami, ngikunikele ezandleni zabantu abanonya, abayizingcweti zokuchitha.

[32]Uyakuba ngukudla komlilo, igazi lakho libe phakathi kwezwe; awusayikukhunjulwa, ngokuba mina Jehova ngikhulumile.

## UHezekeli 22

### Umuzi wegazi

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Wena ndodana yomuntu uyakuwahlulela, uyakuwahlulela umuzi wegazi na? Uyakuwazisa-ke zonke izinengiso zawo,

[3] uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Wena muzi ochitha igazi phakathi kwakho, ukuze isikhathi sakho sifike, nowenza izithombe kuwe ukuzingcolisa,

[4] ngegazi olichithileyo unecala, nangezithombe zakho ozenzileyo ungcolile; usondezile izinsuku zakho, ufikile eminyakeni yakho; ngalokho ngikwenzile ihlazo ezizweni nenhlekiso emazweni onke.

[5]Abaseduze nabakude nawe bayakukuhleka wena onegama elingcolileyo, ogcwele isiphithiphithi.

[6] Bheka, izikhulu zakwa-Israyeli, kwaba yileso naleso njengamandla aso, zaziphakathi kwakho ukuchitha igazi.

[7] Bathukile kuwe uyise nonina, bacindezela abezizwe phakathi kwakho, bona phakathi kwakho izintandane nabafelokazi.

[8] Okungcwele kwami ukudelele, wawona amasabatha ami.

[9] Abantu abahlebayo babekuwe ukuchitha igazi, badla kuwe ezintabeni, benza ubufebe phakathi kwakho.

[10] Bahlubulile kuwe ubunqunu bukayise, bamona yena owayahlukene ekungcoleni kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Omunye wenzile isinengiso nomkamakhelwane wakhe; omunye ungcolisile ngobufebe umalokazana wakhe; omunye wonile phakathi kwakho udadewabo, indodakazi kayise.

12Bamukele imivuzo phakathi kwakho ukuba bachithe igazi; wena uthathe inzalo nenzuzo, waphanga abakhelwane bakho ngokubacindezela, wangikhohlwa mina, isho iNkosi uJehova.

13 Bheka, ngishayile isandla sami ngokuphanga kwakho okwenzileyo nangenxa yegazi lakho elaliphakathi kwakho.

14Inhliziyo yakho iyakuma yini, izandla zakho ziqine ezinsukwini engiyakuphathana nawe ngazo, na? Mina Jehova ngikukhulumile, ngiyakukwenza.

15Ngiyakukuhlakazela ezizweni, ngikusabalalisele emazweni, ngiqede ukungcola kwakho kuwe.

16Uyakungcoliswa phakathi kwakho emehlweni ezizwe; uyakwazi ukuthi nginguJehova.

17Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

18 Ndodana yomuntu, indlu yakwa-Israyeli isingamanyela kimi; bonke babo bayithusi nethini nensimbi nomthofu phakathi kwesithando; bangamanyela esiliva.

19Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngenxa yokuba seningamanyela nonke, ngalokho bhekani, ngiyakunibuthela phakathi kweJerusalema.

20Njengokuqoqwa kwesiliva nethusi nensimbi nomthofu nethini phakathi kwesithando ukuba kufuthwe umlilo phezu kwakho ukukuncibilikisa, kanjalo ngiyakunibutha ngentukuthelo yami nangokufutheka kwami, nginibeke khona, ngincibilikise.

21Yebo, ngiyakunibutha, nginifuthe ngomlilo wentukuthelo yami, nincibilikiswe phakathi kwawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Njengokuncibilikiswa kwesiliva phakathi kwesithando, kanjalo niyakuncibilikiswa phakathi kwaso, nazi ukuthi mina Jehova ngithululile ukufutheka kwami phezu kwenu.

23Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

24 Ndodana yomuntu, yisho kuwo ukuthi: Uyizwe elingahlanjululwanga, elinganelwanga ngosuku lokufutheka.

25 Kukhona uzungu lwabaprofethi bawo phakathi kwawo njengengonyama ebhongayo edwengula impango; badlile imiphefumulo, bathatha ingcebo nokuyigugu; benzile abafelokazi babo babe baningi phakathi kwawo.

26 Abapristi bawo badlovile umthetho wami; bangcolisile izinto zami ezingcwele, abahlukanisanga okungcwele nokuyichilo, abafundisanga abantu ukwahlukanisa okungcolileyo nokuhlambulukileyo, bafihlele amasabatha ami amehlo abo; sengidumazekile phakathi kwabo.

27Izikhulu zawo phakathi kwawo zinjengezimpisi ezidwengula impango ukuchitha igazi nokuqeda imiphefumulo ukuba ziphange nokuphanga.

28 Abaprofethi bawo babanamekele ngodaka olungavuthiwe, bebona okuyize, bebabhulela amanga, bethi: Isho kanje iNkosi uJehova, noma uJehova engakhulumanga.

29Abantu bezwe bacindezele nokucindezela, baphangile nokuphanga, yebo, bakhathazile abampofu nabaswelayo, bacindezele abafokazi ngokungengamthetho.

30 Ngafuna kubo umuntu wokubiya uthango, eme esikhaleni ngaphambi kwami ngenxa yezwe ukuba ngingalichithi, kepha angimfumananga.

31Ngase ngithulula ukufutheka kwami phezu kwabo; ngibaqedile ngomlilo wentukuthelo yami, ngehlisela indlela yabo phezu kwamakhanda abo, isho iNkosi uJehova.

## UHezekeli 23

### Odade ababili

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, kwakukhona abesifazane ababili, amadodakazi omfazi
munye.

3 Babefeba eGibithe, bafeba ebusheni babo; bapotozwa khona amabele abo,
zacindezelwa khona izingono zobuntombi babo.

4Amagama abo ayengu-Ohola, omkhulu, no-Oholiba udadewabo; baba
ngabami, bazala amadodana namadodakazi. Amagama abo: iSamariya lingu-
Ohola, neJerusalema lingu-Oholiba.

5 U-Ohola wafeba esengowami, wakhanukela izithandwa zakhe, abase-
Asiriya, abakhelwane bakhe,

6ababembethe okuluhlaza, izinduna nababusi, izinsizwa ezinxanelekayo
zonke, izinkweli ezikhwele amahhashi.

7Wabanika ubufebe bakhe, bengamadoda akhethekileyo ase-Asiriya; bonke
abakhanukelayo, wangcoliswa ngazo zonke izithombe zabo.

8Kepha akashiyanga ubufebe bakhe baseGibithe, ngokuba balala naye
ebusheni bakhe, bacindezela izingono zobuntombi bakhe, bathulula ubufebe
babo phezu kwakhe.

9 Ngalokho ngamnikela esandleni sezithandwa zakhe, isandla sabase-Asiriya
abakhanukelayo.

10Bona bambula ubunqunu bakhe, bathatha amadodana akhe namadodakazi
akhe; yena bambulala ngenkemba, waba yisaga phakathi kwabesifazane,
lapho kwenziwa ukwahlulelwa kuye.

11 Udadewabo u-Oholiba wakubona, kepha wonakala ekukhanukeni kwakhe
kunaye, nasebufebeni bakhe obadlula ubufebe bukadadewabo.

12 Wakhanukela abase-Asiriya, izinduna nababusi, abakhelwane,
ababembethe kahle kakhulu, beyizinkweli ezikhwele amahhashi, zonke
ziyizinsizwa ezinxanelekayo.

13Ngabona ukuthi wangcoliswa; bobabili bahamba ngandlelanye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Wengezela ebufebeni bakhe, ngokuba wabona amadoda ayedwetshwe
odongeni, imifanekiso yamaKaledi eyayilotshwe ngebomvu,

15ebhince amabhande okhalweni lwawo, enemishuqulo ebanzi emakhanda,
onke ebonakala njengezikhulu ngokwesimo sabaseBabele ababezelwe ezweni
laseKalideya.

16Ekubaboneni kwamehlo akhe wabakhanukela, wathuma kubo izithunywa
eKalideya.

17Amadodana aseBabele afika kuye embhedeni wothando, amngcolisa
ngobufebe bawo; esengcolisiwe yiwo umphefumulo wakhe wahlukana nawo.

18Wambula ubufebe bakhe, wambula ubunqunu bakhe. Wase wahlukana naye
umphefumulo wami, njengalokho umphefumulo wami wahlukana
nodadewabo.

19 Kepha wandisa ubufebe bakhe, ekhumbula izinsuku zobusha bakhe afebe
ngazo ezweni laseGibithe.

20 Wakhanukela amashende akhona, anyama yawo injengenyama
yezimbongolo, namaphambili awo anjengawamahhashi.

21 Walangazelela ukukhanuka kobusha bakho ekucindezelweni kwezingono
zakho ngabaseGibithe ngenxa yobusha bamabele akho.

22 Ngalokho-ke, Oholiba, isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka,
ngiyakukuvusela izithandwa zakho, umphefumulo wakho osahlukene nazo,
ngiziyise kuwe nxazonke,

23abaseBabele, nawo onke amaKaledi, iPhekodi, neShowa, neKhowa, nabo
bonke abase-Asiriya kanye nabo, izinsizwa ezinxanelekayo, izinduna,
nababusi, nabakhulu, nezikhulu, nabadumileyo, bonke bekhwele amahhashi.

24Bayakufika kuwe benezikhali, nezinqola, nokunamasondo, nesixuku
sabantu, bazihlelele wena benamahawu, nezihlangu, nezigqoko nxazonke,
nginikele kubo ukwahlulela, bakwahlulele njengezahlulelo zabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Ngiyakubeka kuwe umhawu wami, bakuphathe ngokufutheka, basuse ikhala lakho nezindlebe zakho, abaseleyo bakho bawe ngenkemba; bayakuthatha amadodana akho amadodakazi akho, abaseleyo bakho badliwe ngumlilo.

26Bayakukuhlubula izingubo zakho, basuse izivunulo zakho ezinhle.

27Ngiyakuqeda kuwe ukukhanuka kwakho nobufebe bakho basezweni laseGibithe, ungabe usaphakamisa amehlo akho kubo, ungabe usalikhumbula iGibithe.

28 Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiyakukunikela esandleni sabo obazondayo, esandleni sabo umphefumulo wakho owahlukene nabo,

29bakuphathe ngenzondo, basuse yonke inzuzo yakho, bakushiye uze, unqunu, kwambulwe ubunqunu bobufebe bakho, kanye nokungcola kwakho nobufebe bakho.

30Lokhu kuyakwenziwa kuwe ngokuba ulandele abezizwe ngokufeba, wangcoliswa ngezithombe zabo.

31 Uhambile ngendlela kadadewenu; ngalokho ngiyakunikela indebe yakhe esandleni sakho.

32 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Uyakuphuza indebe kadadewenu ejulileyo, ebanzi, ube yinhlekiso nosulu; ifumbethe okuningi.

33Uyakugcwaliswa ngokudakwa nosizi: ngendebe yesimangaliso neyencithakalo, indebe kadadewenu iSamariya.

34Uyakuyiphuza, uyikhame, ugedle izindengezi zayo, uklebhule amabele akho, ngokuba mina ngikukhulumile, isho iNkosi uJehova.

35 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba ungikhohliwe, wangilahla nyovane, uyakuthwala ukungcola kwakho nobufebe bakho.

36 Wayesethi uJehova kimi: Ndodana yomuntu, uyakwahlulela o-Ohola no-Oholiba na? Batshele-ke izinengiso zabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37 Ngokuba baphingile, negazi lisezandleni zabo; baphingile nezithombe zabo, badabulise emlilweni amadodana abo abangizalela wona, abe ngukudla kwazo.

38 Futhi benza lokhu kimi: ngalona lolo suku abangcolisa ngalo indlu yami engcwele bawona namasabatha ami.

39 Ekubulaleleni kwabo izithombe zabo amadodana abo bangena, ngalona lolo suku, endlini yami engcwele ukuyingcolisa. Bheka, benza kanjalo phakathi kwendlu yami.

40 Futhi nithumele amadoda avela kude, okwathunywa kuwo isithunywa; bheka, afika; wazihlanzela wona, wawagqabela amehlo akho, wazivunulisa ngezivunulo,

41 wahlala embhedeni omuhle, itafula elilungisiweyo liphambi kwawo, owabeka kulo impepho yami namafutha ami.

42 Umsindo wesixuku esihlezi kahle wawulapho; kwangeniswa kanye nabantukazana izidakwa zasehlane; bafaka amasongo ezandleni zabo nemiqhele emihle emakhanda abo.

43 Ngase ngithi ngaye ophelile ekufebeni: Impela bayakufeba naye, yebo, naye, na?

44 Bangena kuye njengalokhu kungenwa esifebeni; bangena kanjalo ko-Ohola no-Oholiba, abesifazane abakhanukayo.

45 Abantu abalungileyo bayakubahlulela ngokwahlulelwa kweziphingikazi nangokwahlulelwa kwabesifazane abachitha igazi, ngokuba bayiziphingikazi, negazi lisezandleni zabo.

46 Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakubenyusela isixuku, ngibanikele ukuba babe yingebhe nempango.

47 Isixuku siyakubakhanda ngamatshe sibahlahlele ngezinkemba zaso, sibulale amadodana abo namadodakazi abo, sishise izindlu zabo ngomlilo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

48 Ngiyakuqeda ukukhanuka ezweni, baxwayiswe bonke abesifazane ukuba bangenzi njengokukhanuka kwenu.

49 Bayakwehlisela ukukhanuka kwenu phezu kwenu, nithwale izono zezithombe zenu, nazi ukuthi ngiyiNkosi uJehova.

## UHezekeli 24

### Ikhanzi elibilayo

1 Izwi likaJehova lafika kimi ngomnyaka wesishiyagalolunye, ngenyanga yeshumi ngolweshumi lwenyanga, lathi:

2 Ndodana yomuntu, zilobele igama losuku, lona lolo suku; inkosi yaseBabele ihlasele iJerusalema ngalolu suku.

3 Fanekisa ngomfanekiso kuyo indlu ehlubukayo, uthi kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Beka ikhanzi, libeke, uthele amanzi kulo,

4 uqoqele kulo izinqamu zalo, zonke izinqamu ezinhle, ithanga nehlombe, uligcwalise ngamathambo akhethekileyo.

5 Thatha okukhethekileyo komhlambi, ubungele izinkuni phansi kwalo, ulibilise nokulibilisa, kuphekwe namathambo phakathi kwalo.

6 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Maye kumuzi wezingazi, kulo ikhanzi elinokugqwala, nokugqwala kwalo kungaphumanga kulo! Khipha kulo izinqamu ngezinqamu; alidliwanga yinkatho.

7 Ngokuba izingazi zawo ziphakathi kwawo; wazibeka edwaleni eliyinyabule; akazithelanga emhlabathini ukuzisibekela ngothuli.

8 Ukuze kuvuswe ukufutheka kube yimpindiselo, ngabeka izingazi zawo edwaleni eliyinyabule ukuba zingasitshekelwa.

9 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Maye kumuzi wezingazi! Nami ngiyakwandisa ukubungela izinkuni.

10 Fumbela izinkuni, ukhwezele umlilo, uqede inyama, wome umhluzi, amathambo ashiswe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Besewulibeka emalahleni awo lingenalutho, ukuze lishise, kushe ithusi lalo,
kuncibilikiswe ukungcola kwalo phakathi kwalo ukuba kuqedwe ukugqwala
kwalo.

12Ngizikhathazile ngeze, nokho ukugqwala kwalo okuningi akuphumanga
kulo; ukugqwala kwalo kumelwe kube semlilweni.

13 Ngokungcola kobufebe bakho nangokuba ngikuhlambululile
ungahlanjululwanga kodwa awusayikuhlanjululwa ekungcoleni kwakho,
ngize nganelise ukufutheka kwami kuwe.

14 Mina Jehova ngikukhulumile; kuyakwenzeka, ngiyakukwenza;
angiyikuyekela, angiyikuhawukela, angiyikuzisola; bayakukwahlulela
njengezindlela zakho nezenzo zakho, isho iNkosi uJehova.

15Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

16 Ndodana yomuntu, bheka, ngiyasusa okunxanelekayo emehlweni akho
ngesishayo, kepha awuyikudabuka, awuyikukhala, nezinyembezi
aziyikwehla.

17 Bubula, uthule; ungenzi isililo sabafileyo, uzibophele isigqoko sakho, ufake
izicathulo zakho ezinyaweni zakho, ungambozi amadevu akho, ungadli
isinkwa sabantu.

18Ngase ngikhuluma kubantu ekuseni; kusihlwa wafa umkami; kusasa ngenza
njengalokho ngiyaliwe.

19Abantu bathi kimi: Ungesitshele yini ukuthi lezi zinto ziyini kithina,
njengokuba wenze njalo, na?

20Ngathi kubo: Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

21 Yisho kuyo indlu yakwa-Israyeli, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi:
Bheka, ngiyakuyingcolisa indlu yami engcwele, ukuziqhenya kwamandla enu,
okunxanelekayo emehlweni enu, okuhawukelwa ngumphefumulo wenu;
amadodakazi enu eniwashiyile ayakuwa ngenkemba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Niyakwenza njengami: aniyikumboza amadevu enu, ningadli isinkwa sabantu.

23Izigqoko zenu ziyakuba semakhanda enu nezicathulo ezinyaweni zenu; aniyikudabuka, ningakhali, kepha niyakonda ebubini benu, nibubulelane omunye nomunye.

24 UHezekeli uyakuba yisibonakaliso kini; niyakwenza njengakho konke ukwenza kwakhe; lapho kufikile lokhu, niyakwazi ukuthi ngiyiNkosi uJehova.

25 Wena ndodana yomuntu, angithi kuyakwenzeka mhla ngisusa inqaba yabo, intokozo nobuhle babo, okunxanelekayo emehlweni abo, nababeke umphefumulo wabo kukho, amadodana abo namadodakazi abo,

26ngalolo suku obalekayo uyakufika kuwe, akuzwise lokhu ngezindlebe zakho, na?

27 Ngalolo suku umlomo wakho uyakuvulwa kobalekileyo; wena uyakukhuluma, ungabe usaba yisimungulu; uyakuba yisibonakaliso kubo, bazi ukuthi nginguJehova.

## UHezekeli 25

### Iziprofetho ngo-Amoni, noMowabi, no-Edomi, namaFilisti

1Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho kwabakwa-Amoni, uprofethe ngabo,

3uthi kubantwana bakwa-Amoni: Zwanini izwi leNkosi uJehova; isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba wathi ashila ngendlu yami engcwele lapho yangcoliswa, nangezwe lapho lachithwa, nangendlu yakwaJuda lapho beya ekuthunjweni,

4bheka, ngalokho ngiyakukunikela kwabasempumalanga, ube yifa labo, bamise amakamu abo phakathi kwakho, babeke amakhaya abo kuwe, badle isithelo sakho, baphuze ubisi lwakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Ngiyakwenza iRaba libe yindawo yokuhlala amakamela, abantwana bakwa-
Amoni babe yindawo yokubuthisa kwezimvu, nazi ukuthi ngin guJehova.

6Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba ushaye ihlombe,
wadubhuza ngezinyawo, wathokozela izwe lakwa-Israyeli ngawo onke
amafundululu akho emphefumulweni,

7bheka, ngalokho ngiyakwelulela isandla sami kuwe, ngikunikele ukuba ube
yimpango yezizwe, ngikunqume kubantu, ngikuchithe emazweni,
ngikuqothule, wazi ukuthi nginguJehova.

8 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngenxa yokuba oMowabi noSeyiri besho
ukuthi: Bheka, indlu yakwaJuda injengazo zonke izizwe,

9bheka, ngalokho ngiyakuvula umthambeka kaMowabi angabe esaba nemizi,
kusukela emizini yasemikhawulweni, ubukhosi bezwe: iBeti Jeshimoti, neBali
Mehoni, neKiriyatayimi,

10ngiwunike abasempumalanga kanye nabantwana bakwa-Amoni, ube yifa
labo, ukuze abantwana bakwa-Amoni bangabe besakhunjulwa phakathi
kwezizwe,

11ngenze ukwahlulela kuMowabi, bazi ukuthi nginguJehova.

12 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngenxa yokuba u-Edomi ephathe indlu
yakwaJuda ngokuphindisela, wacunula nokucunula, waziphindisela kubo,

13ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakwelulela isandla sami ku-
Edomi, nginqume kuye abantu nezilwane, ngimenze ize kusukela eThemani,
bawe ngenkemba kuze kube seDedani.

14Ngiyakubeka impindiselo yami phezu kuka-Edomi ngesandla sabantu bami
u-Israyeli, benze kwa-Edomi njengentukuthelo yami nokufutheka kwami, bazi
impindiselo yami, isho iNkosi uJehova.

15 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngenxa yokuba amaFilisti enze
impindiselo, ephindisele nokuphindisela ngamafundululu emphefumulweni
ukuchitha ngobutha obungapheliyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

16ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiyakwelulela isandla sami kumaFilisti, nginqume amaKhereti, ngichithe insali yasogwini lolwandle.

17Ngiyakwenza impindiselo enkulu kubo ngezijeziso ezifuthayo, bazi ukuthi nginguJehova, lapho ngibeka impindiselo yami kubo.

## UHezekeli 26

### Isiprofetho ngeTire

1Kwathi ngomnyaka weshumi nanye ngolokuqala lwenyanga izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, ngenxa yokuba iTire lishilo ngeJerusalema ukuthi: Ashila; laphukile ebe liyisango labantu; seliphendukele kimi; ngiyakugcwala lapho selichithekile,

3 ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiphezu kwakho, Tire; ngiyakwenyusela kuwe izizwe eziningi njengolwandle lukhuphula amaza alo.

4Ziyakuchitha izingange zaseTire, zibhidlize imibhoshongo yalo; ngiyakukhukhuza umhlabathi walo kulo, ngilenze idwala eliyinyabule.

5Liyakuba yindawo yokweneka amanetha phakathi kolwandle, ngokuba mina ngikukhulumile, isho iNkosi uJehova; liyakuba yimpango yezizwe.

6Amadodakazi alo asendle ayakubulawa ngenkemba, bazi ukuthi nginguJehova.

7 Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiyakuyisa eTire uNebukadinesari inkosi yaseBabele, evela enyakatho, eyinkosi yamakhosi, enamahhashi, nezinqola, nabamahhashi, nesixuku sabantu abaningi.

8Uyakubulala amadodakazi akho endle ngenkemba, enze inqaba ngakuwe, akunqwabele iduli, akumisele ihawu.

9Uyakubekisa izinqama zakhe zokungqubuza ezingangeni zakho, abhidlize imibhoshongo yakho ngamazembe akhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[10]Ngenxa yobuningi bamahhashi akhe ibhuqu lawo liyakukusibekela, izingange zakho zizamazame ngomdumo wabamahhashi, nowokunamasondo, nowezinqola, lapho engena esangweni lakho njengalokhu kungenwa emzini ofohliweyo.

[11] Ngezinselo zamahhashi akhe uyakunyathela zonke izitaladi zakho, abulale abantu bakho ngenkemba, kuwe phansi izinsika zemandla akho.

[12]Bayakuphanga imfuyo yakho, bagcugce impahla yakho ethengiswayo, babhidlize izingange zakho, badilize izindlu zakho ezinhle, babeke amatshe akho nemithi yakho nesihlabathi sakho phakathi kwamanzi.

[13] Ngiyakwenza ukuba isiho sezihlabelelo zakho siphele, nezwi lamahabhu akho alisayikuzwakala.

[14]Ngiyakukwenza idwala eliyinyabule, ube yindawo yokweneka amanetha; awusayikwakhiwa, ngokuba mina Jehova ngikukhulumile, isho iNkosi uJehova.

[15] Isho kanje iNkosi uJehova kulo iTire, ithi: Ngomdumo wokuwa kwakho, lapho abagwaziweyo bebubula nabafayo bebulawa phakathi kwakho, iziqhingi ziyakuzamazama.

[16] Zonke izikhulu zolwandle ziyakwehla ezihlalweni zazo zobukhosi, zikhumule izingubo zazo, zihlubule izambatho zazo ezifekethisiweyo, zembathe ukuthuthumela, zihlale emhlabathini, zithuthumele njalonjalo, zimangale ngawe.

[17]Ziyakwenza isililiselo ngawe, zithi kuwe: Yeka ukuchitheka kwakho, wena owahlalwa ngabasolwandle, muzi odumileyo, owawunamandla olwandle, wena nabakhileyo kuwe, owenza ukuba besatshwe bonke abakhileyo kuwe.

[18]Manje iziqhingi ziyakuzamazama ngosuku lokuwa kwakho; iziqhingi ezisolwandle ziyakuphela amandla ngokumuka kwakho.

[19] Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Lapho ngiyakukwenza umuzi ochithekileyo njengemizi engahlalwayo, nalapho ngiyakukhuphulela utwa phezu kwakho, amanzi amaningi akusibekele,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]ngiyakukwehlisa nabehlela egodini, kubantu basendulo, ngikuhlalise ekujuleni komhlaba kanye nabehlela egodini njengasezindaweni ezichithekileyo kwasendulo, ukuze ungahlalwa, ngisabeka udumo ezweni labaphilayo.

[21]Ngiyakukwenza incithakalo, ungabe usabakho; uyakufunwa, kepha awusayikufunyanwa kuze kube phakade, isho iNkosi uJehova.

**UHezekeli 27**

[1]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[2] Wena ndodana yomuntu, yenza isililiselo ngeTire,

[3] uthi kulo iTire: Wena ohlala ekungeneni kolwandle, ongumthengi wabantu eziqhingini eziningi, iNkosi uJehova isho kanje, ithi: Tire, wena ushilo ukuthi: Ngiphelele ebuhleni.

[4]Imikhawulo yakho isenhliziyweni yolwandle; abakhi bakho baphelelisile ubuhle bakho.

[5] Ngemisayipuresi yaseSeniri benzile onke amapulangwe akho; balandile umsedari eLebanoni ukwenza insika yakho.

[6]Ngama-oki aseBashani benzile amaphini akho; indeki yakho bayenzile ngophondo lwendlovu, lufakelwe emthini womkhoba ovela eziqhingini zaseKitimi.

[7]Ilineni elicolekileyo elifekethisiweyo elivela eGibithe lalinguseyili wakho, laze laba yibhanela kuwe; isimbozo sakho sasiluhlaza sibubende, sivela eziqhingini zase-Elisha.

[8] Abakhileyo eSidoni nase-Arvadi babe ngabagwedli bakho; izihlakaniphi zakho, Tire, zazikuwe, zazingabashayeli bakho.

[9] Amalunga aseGebali nezihlakaniphi zalo babe ngabavimbi zimfa bakho kuwe. Yonke imikhumbi yaselwandle namatilosi ayo babe kuwe ukuba bathengise ngempahla yakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 AbasePheresiya noLude noPhuthi babe sempini yakho, amadoda empi
yakho; baphanyeka izihlangu nezigqoko kuwe; baveza ubuhle bakho.

11 Abantu base-Arvadi kanye nempi yakho babe sezingangeni zakho nxazonke,
nabaseGamadi babe semibhoshongweni yakho; baphanyeka izihlangu zabo
ezingangeni zakho nxazonke; baphelelisa ubuhle bakho.

12 ITharishishi lalingumthengi wakho ngenxa yobuningi bayo yonke ingcebo
yakho; benana impahla yakho ngesiliva nangensimbi nangethini
nangomthofu.

13 IJavani noThubali noMesheke bona babe ngabathengi bakho, benana
abantu boqobo nezitsha zethusi ngempahla yakho.

14 Abendlu yaseThogarma benana impahla yakho ngamahhashi
nangamahhashi empi nangeminyuzi.

15 Abantu baseDedani babe ngabathengi bakho, iziqhingi eziningi
zaziyizindawo zokuthengelana zesandla sakho; babuyisela kuwe uphondo
lwendlovu ne-eboni, kwaba yisipho sakho.

16 I-Aramu lalingumthengi wakho ngenxa yobuningi bemisebenzi yakho;
benana impahla yakho ngama-emeralidu, nangokububende,
nangokufekethisiweyo, nangelineni elicolekileyo, nangekorali, nangamarubi.

17 UJuda nezwe lakwa-Israyeli babe ngabathengi bakho; benana impahla
yakho ngokolweni waseMiniti, nangawojeqe, nangezinyosi, nangamafutha,
nangebhalisamu.

18 IDamaseku lalingumthengi wakho ngenxa yobuningi bemisebenzi yakho,
ngobuningi bayo yonke ingcebo, linewayini laseHeliboni noboya obumhlophe
bezimvu.

19 IVedani neJavani enana impahla yakho ngotwayibana; insimbi
ekhandiweyo, nekasiya, nomhlanga kwakuphakathi kwempahla yakho.

20 IDedani lalingumthengi wakho ngezindwangu ezinhle zokugibela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 I-Arabiya nazo zonke izikhulu zaseKedari zazingabathengi besandla sakho;
zazingabathengi bakho ngamawundlu, nangezinqama, nangezimpongo.

22 Abathengi baseSheba naseRama babe ngabathengi bakho, benana impahla
yakho ngawo onke amakha aphambili, nangawo onke amatshe anqabileyo,
nangegolide.

23 IHarana neKhane ne-Edene, abathengi baseSheba, ne-Asiriya, neKilimadi
babe ngabathengi bakho.

24Bona babe ngabathengi bakho ngempahla enhle, ngezambatho eziluhlaza
nezifekethisiweyo, nangezindwangu ezimibalabala, nangezintambo
ezalukiweyo eziqinileyo, ezindaweni zakho zokuthengelana.

25 Imikhumbi yaseTharishishi yayihambisa impahla yakho. Wagcwaliswa,
wadunyiswa kakhulu enhliziyweni yolwandle.

26 Abagwedli bakho bakuyisa emanzini amaningi; umoya wasempumalanga
wawusukwaphula usenhliziyweni yolwandle.

27Ingcebo yakho, nempahla yakho, nentutho yakho, amatilosi akho,
nabashayeli bakho, abavimbi zimfa bakho, nabaphathi bakho bokuthenga,
nawo onke amadoda akho empi akuwe, naso sonke isixuku esiphakathi
kwakho kuyakuwela enhliziyweni yolwandle ngosuku lokuwa kwakho.

28Ngezwi lokukhala kwabashayeli bakho amaza ayazamazama.

29Bonke ababambe amaphini, amatilosi nabo bonke abashayeli baselwandle,
bayakwehla emikhunjini yabo, beme emhlabathini,

30bezwakalise izwi labo phezu kwakho, bakhale ngomunyu, bathele uthuli
emakhanda abo, bahuquzele emlotheni,

31 baziphucule izimpandla ngenxa yakho, babhince izindwangu zamasaka,
bakukhalele izinyembezi ngomunyu womphefumulo.

32Ekulileni kwabo bayakwenza isililiselo ngawe, bakulilele, bathi: Ngubani
onjengeTire, njengalo eselithulisiwe phakathi kolwandle, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

33Ekuphumeni kwempahla yakho elwandle wasuthisa abantu abaningi; ngobuningi bengcebo yakho nempahla yakho wacebisa amakhosi omhlaba.

34Ngesikhathi sokwaphulwa kwakho ngamanzi ekujuleni kolwandle impahla yakho naso sonke isixuku sakho kwawela phakathi kwakho.

35Bonke abakhileyo eziqhingini bamangala ngawe; amakhosi azo ayaqhakanyeka, aphaphatheke ebusweni.

36 Abathengi phakathi kwabantu bayakuncimfela; usuyincithakalo; awusayikubakho kuze kube phakade.

## UHezekeli 28

1Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, thana kuso isikhulu saseTire: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba inhliziyo yakho iziphakamisile, wathi: Ngingunkulunkulu, ngihlala esihlalweni sikaNkulunkulu enhliziyweni yolwandle, ingani ungumuntu, ungesiye uNkulunkulu, noma umise inhliziyo yakho njengenhliziyo kaNkulunkulu

3 bheka, uhlakaniphile kunoDaniyeli, ayikho imfihlakalo abangakufihlela yona;

4ngokuhlakanipha kwakho nangokuqonda kwakho uzizuzele imfuyo, wafaka igolide nesiliva engcebeni yakho;

5ngokuhlakanipha kwakho okukhulu kokuthenga wandisile imfuyo yakho; inhliziyo yakho iziphakamisile ngenxa yengcebo yakho.

6 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngenxa yokuba umisile inhliziyo yakho njengenhliziyo kaNkulunkulu,

7 ngalokho bheka, ngiyakukwehlisela abafokazi, abesabekayo bezizwe; bayakuhoshela ubuhle bokuhlakanipha kwakho izinkemba zabo, bangcolise ukukhazimula kwakho.

8 Bayakukwehlisela egodini, ufe ukufa kwabagwaziweyo enhliziyweni yolwandle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Usasho phambi kokubulalayo ukuthi: Ngingunkulunkulu mina, ingani
ungumuntu, ungesiye uNkulunkulu, esandleni sokugwazayo, na?

10 Uyakufa ukufa kwabangasokile ngesandla sabafokazi, ngokuba mina
ngikhulumile, isho iNkosi uJehova.

11Izwi likaNkulunkulu lafika kimi, lathi:

12 Ndodana yomuntu, yenza isililiselo ngenkosi yaseTire, uthi kuyo: Isho
kanje iNkosi uJehova, ithi: Wawuluphawu lokupheleleyo; wawugcwele
ukuhlakanipha, wawuphelele ngobuhle.

13Wawuse-Edene, insimu kaNkulunkulu; onke amatshe anqabileyo
ayeyisisibekelo sakho, isardiyu, netopazi, nedayimani, neshohamu, nejaspi,
nesafire, nesimaragidu, nekrisolithe; nezivunulo zakho nezisekelo zamatshe
zaziyigolide, zilungisiwe ngosuku lokudalwa kwakho.

14 Wawuyikherubi eligcotshiweyo elisibekelayo; ngakubeka, waba sentabeni
engcwele kaNkulunkulu, wahamba phakathi kwamatshe omlilo.

15Wawuphelele ezindleleni zakho kusukela osukwini lokudalwa kwakho
kwaze kwafumaniseka ukungalungi kuwe.

16Ngobuningi bokuthenga kwakho wagcwaliswa ngobudlova, wonile;
ngalokho ngakulahla ungcolile entabeni kaNkulunkulu, ngakuchitha wena
kherubi elisibekelayo, ungabikho phakathi kwamatshe omlilo.

17Inhliziyo yakho yakhukhumala ngobuhle bakho, wonakalisa ukuhlakanipha
kwakho ngokukhazimula kwakho; ngikulahlele phansi, ngikubeke phambi
kwamakhosi ukuba akubone.

18 Ngobuningi bobubi bakho ekuthengeni kwakho okungalungile ungcolisile
izindlu zakho ezingcwele; ngase ngiphumisa umlilo phakathi kwakho,
wakuqeda; ngakwenza umlotha emhlabeni emehlweni abo bonke
abakubonayo.

19 Bonke abakubonayo phakathi kwabantu bamangala ngawe; usuluvalo,
awusayikubakho kuze kube phakade.

### Isiprofetho ngeSidoni

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

21 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho kulo iSidoni, uprofethe ngalo,

22uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngimelene nawe Sidoni; ngiyakudunyiswa phakathi kwakho, bazi ukuthi nginguJehova, lapho ngenza ukwahlulela kulo, ngingcweliswe phakathi kwalo.

23Ngiyakuthuma kulo isifo negazi ezitaladini zalo; abagwaziweyo bayakuwa phakathi kwalo ngenkemba ephezu kwalo nxazonke, bazi ukuthi nginguJehova.

24 Akusayikubakho ikhakhasi elihlabayo neva elilimazayo kuyo indlu yakwa-Israyeli kubo ababahaqayo nababenza okwamafundululu kubo, bazi ukuthi ngiyiNkosi uJehova.

25 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Lapho ngibutha indlu yakwa-Israyeli ezizweni abahlakazekele phakathi kwazo, ngingcweliswe kubo emehlweni ezizwe, bayakuhlala ezweni labo engalinika inceku yami uJakobe.

26Bayakuhlala kulo belondekile, bakhe izindlu, batshale izivini, yebo, bahlale ngokulondeka, lapho ngenza ukwahlulela kubo bonke abanamafundululu kubo phakathi kwababahaqayo, bazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wabo.

## UHezekeli 29

### Isiprofetho ngeGibithe

1Ngomnyaka weshumi, ngenyanga yeshumi, ngolweshumi nambili lwenyanga lafika kimi izwi likaJehova, lathi:

2 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho kuFaro inkosi yaseGibithe, uprofethe ngaye nangalo lonke iGibithe,

3 ukhulume uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngimelene nawe Faro, nkosi yaseGibithe, drako omkhulu, obuthisa phakathi kwemifula yakho uthi: Umfula ungowami, mina ngiwenzile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Ngiyakufaka izindobo emihlathini yakho, nginamathelise izinhlanzi zemifula yakho ezingcwecweni zakho, ngikukhuphule phakathi kwemifula yakho kanye nazo zonke izinhlanzi zemifula yakho ezinamathela ezingcwecweni zakho.

5Ngiyakukulahla ehlane, wena nazo zonke izinhlanzi zemifula yakho, uwe ebusweni bomhlabathi; awuyikubuthwa, ulandwe; ngiyakukunika ube ngukudla kwezilwane zomhlaba nokwezinyoni zezulu.

6 Bonke abakhileyo eGibithe bayakwazi ukuthi nginguJehova, ngokuba bebeludondolo lohlanga kuyo indlu yakwa-Israyeli.

7Lapho bekubamba ngesandla, uyaphuka, uklebhula zonke izinhlangothi zabo; nalapho bencika kuwe, uyaphuka, untengantengise zonke izinkalo zabo.

8 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiyakwehlisela phezu kwakho inkemba, nginqume kuwe abantu nezilwane.

9 Izwe laseGibithe liyakuba yincithakalo nehlane, bazi ukuthi nginguJehova, ngokuba wathi: Umfula ungowami, mina ngiwenzile.

10 Bheka, ngalokho ngimelene nawe nemifula yakho; ngiyakwenza izwe laseGibithe libe yihlane lamahlane nencithakalo, kusukela eMigidoli kuze kube seSevene, kuze kube semkhawulweni waseKushe.

11Akuyikudabula kulo unyawo lomuntu, akuyikudabula kulo unyawo lwesilwane, aliyikuhlalwa iminyaka engamashumi amane.

12Ngiyakwenza izwe laseGibithe libe yincithakalo phakathi kwamazwe ayincithakalo, imizi yalo phakathi kwemizi echithekileyo ibe yincithakalo iminyaka engamashumi amane, ngihlakazele abaseGibithe ezizweni, ngibasabalalisele emazweni.

13 Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngasekupheleni kweminyaka engamashumi amane ngiyakubabutha abaseGibithe kubantu abahlakazekele kubo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 ngibuyise ukuthunjwa kwaseGibithe, ngibabuyisele ezweni lasePhatirosi, izwe lokudabuka kwabo, babe ngumbuso ophansi khona.

15 Liyakuba phansi emibusweni, alisayikuziphakamisa phezu kwezizwe; futhi ngizakubanciphisa ukuba bangabusi izizwe.

16 Alisayikuba yithemba kuyo indlu yakwa-Israyeli, likhumbuza ngokona lapho bebaphendukela, bazi ukuthi ngiyiNkosi uJehova.

17 Kwathi ngomnyaka wamashumi amabili nesikhombisa ngenyanga yokuqala, ngolokuqala lwenyanga, lafika kimi izwi likaJehova, lathi:

18 Ndodana yomuntu, uNebukadinesari inkosi yaseBabele wasebenzisa impi yakhe umsebenzi omkhulu ngeTire; onke amakhanda aphuculwa, onke amahlombe acothulwa, nokho yena nempi yakhe babengenankokhelo evela eTire ngomsebenzi abalenzela wona.

19 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngizakunika uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, izwe laseGibithe; uyakuyisusa ingcebo yalo, aphange impango yalo, agcugce ingcugco yalo, kube yinkokhelo yempi yakhe.

20 Ngiyamnika izwe laseGibithe ngomsebenzi owakhonza ngawo, abawenza kimi, isho iNkosi uJehova.

21 Ngalolo suku ngiyakuhlumisa uphondo endlini ka-Israyeli, ngikuvumele ukuba uvule umlomo phakathi kwabo, bazi ukuthi nginguJehova.

## UHezekeli 30

1 Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, profetha uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Hhewulani, nithi: Wo ngalolo suku!

3 Ngokuba usuku luseduze, usuku lukaJehova luseduze; luyakuba lusuku lwamafu nesikhathi sabezizwe.

4 Inkemba iyakulehlela iGibithe, kube yimihelo eKushe, lapho abagwaziweyo bewa eGibithe; bayakususa ingcebo yalo, kudilizwe izisekelo zalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5IKushe, noPhuthi, noLude, nayo yonke ingxubevange yezizwe, neKhubi,
nabamazwe ahlangeneyo bayakuwa nabo ngenkemba.

6 Usho kanje uJehova, uthi: Nabo abaliphasa iGibithe bayakuwa,
ukukhukhumala kwamandla alo kuyakwehla; kusukela eMigidoli kuze kube
seSevene bayakuwa kulo ngenkemba, isho iNkosi uJehova.

7 Bayakuchithakala phakathi kwamazwe achithekileyo, imizi yalo ibe
phakathi kwemizi echithekileyo.

8Bayakwazi ukuthi nginguJehova, lapho sengiphembe umlilo eGibithe,
bachotshozwe bonke abasizi balo.

9 Ngalolo suku kuyakuphuma izithunywa phambi kwami ngemikhumbi
ukwesabisa amaKushe anokwethemba, kube yimihelo phezu kwawo ngosuku
lweGibithe, ngokuba bheka, luyeza.

10 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakuqeda isixuku saseGibithe
ngesandla sikaNebukadinesari, inkosi yaseBabele.

11 Yena nabantu bakhe kanye naye, abesabekayo bezizwe, bayakulethwa
ukuba bachithe izwe, bahoshele iGibithe izinkemba zabo, bagcwalise izwe
ngabagwaziweyo.

12 Ngiyakwenza imifula ishe, ngithengise ngezwe esandleni sababi, ngichithe
izwe nokugcwala kwalo ngesandla sabafokazi; mina Jehova ngikukhulumile.

13 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakuzichitha izithombe, ngiqede
onkulunkulu eNofi; akusayikubakho sikhulu esivela ezweni laseGibithe,
ngibeke ukwesaba ezweni laseGibithe.

14Ngiyakwenza ize iPhatirosi, ngiphembe umlilo eSowani, ngenze
ukwahlulela eNo.

15Ngiyakuthulula ukufutheka kwami phezu kweSini, inqaba yaseGibithe,
nginqume isixuku saseNo.

16Ngiyakuphemba umlilo eGibithe, iSini libe nemihelo emikhulu, iNo
lifohlwe, iNofi lihlaselwe emini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[17]Izinsizwa zase-Aveni nasePhi Beseti ziyakuwa ngenkemba, imizi iye ekuthunjweni.

[18]EThehafenehesi usuku luyakuba mnyama, lapho ngaphula khona amajoka aseGibithe, nokukhukhumala kwamandla kuyakuphela kulo; lona-ke, ifu liyakulisibekela, namadodakazi alo ayakuya ekuthunjweni.

[19]Ngiyakwenza-ke izahlulelo eGibithe, bazi ukuthi ngingu Jehova.

[20]Kwathi ngomnyaka weshumi nanye ngenyanga yokuqala ngolwesikhombisa lwenyanga lafika kimi izwi likaJehova, lathi:

[21] Ndodana yomuntu, ngaphulile ingalo kaFaro inkosi yaseGibithe; bheka, ayiboshiwe ukuba kuthelwe imithi, kufakwe umzongolozelo wokubopha, ukuze iqiniselwe ukubamba inkemba.

[22]Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngimelene noFaro inkosi yaseGibithe; ngiyakwaphula izingalo zakhe, eqinileyo neyaphukileyo, ngenze ukuba inkemba iwe esandleni sakhe.

[23]Ngiyakubahlakazela abaseGibithe ezizweni, ngibasabalalisele emazweni.

[24]Ngiyakuqinisa izingalo zenkosi yaseBabele, ngibeke inkemba yami esandleni sayo; kepha ngiyakwaphula izingalo zikaFaro, abubule phambi kwami ngokububula kogwaziweyo.

[25]Yebo, ngiyakuqinisa izingalo zenkosi yaseBabele, izingalo zikaFaro ziwe, bazi ukuthi nginguJehova, lapho ngibeka inkemba yami esandleni senkosi yaseBabele; yona iyakuyelula phezu kwezwe laseGibithe.

[26]Ngiyakubahlakazela abaseGibithe ezizweni, ngibasabalalisele emazweni, bazi ukuthi nginguJehova.

## UHezekeli 31

[1]Kwathi ngomnyaka weshumi nanye ngenyanga yesithathu ngolokuqala lwenyanga lafika kimi izwi likaJehova, lathi:

[2] Ndodana yomuntu, thana kuFaro inkosi yaseGibithe nasesixukwini sakhe: Ufana nobani ebukhulwini bakho na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Bheka, ungumkhoba, ungumsedari waseLebanoni; unamagatsha amahle, namaqabunga anomthunzi, nesiqu esiphakemeyo; isihloko sawo siphakathi kwamafu.

4 Amanzi awukhulisa, utwa lwawuphakamisa; imifula yawo yahamba yazungeza indawo yokutshalwa kwawo; yayisithuma imisele yayo kuyo yonke imithi yasendle.

5 Ngalokho isiqu sawo sasiphakeme kunayo yonke imithi yasendle; izingatsha zawo zandiswa, namagatsha awo elulwa ngamanzi amaningi ekuwaxhantiseni kwawo.

6 Zonke izinyoni zezulu zakha emagatsheni awo, zonke izilwane zasendle zazalela phansi kwezingatsha zawo; emthunzini wawo zahlala zonke izizwe ezinkulu.

7 Wawusumuhle ebukhulwini bawo, ngobude bamagatsha awo, ngokuba impande yawo yayingasemanzini amaningi.

8 Imisedari yasensimini kaNkulunkulu yayingenakuwusitha, imisayipuresi yayingafani nezingatsha zawo, nemipelatani yayingenjengamagatsha awo, futhi kwakungekho nowodwa umuthi ensimini kaNkulunkulu ofana nawo ngobuhle.

9 Ngawenza waba muhle ngobuningi bamagatsha awo, imithi yonke yase-Edene eyayisensimini kaNkulunkulu yaze yaba nomhawu.

10 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngenxa yokuba uphakeme ngobude, wabeka isihloko sawo phakathi kwamafu, nenhliziyo yakhukhumala ngokuphakama kwawo,

11 ngiyakuwunikela esandleni sonamandla wezizwe uyakwenza nokwenza kuye njengobubi bawo ngiwuxoshe.

12 Abafokazi, abesabekayo bezizwe, bawunqumile, bawushiya. Amagatsha awo awele ezintabeni nasezigodini, nezingatsha zawo zaphukile kuyo yonke imifudlana yezwe, nabo bonke abantu behlile emthunzini wawo, bawushiya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Encithakalweni yawo kuyakuhlala zonke izinyoni zezulu, zonke izilwane zasendle zibe semagatsheni awo

14ukuba kungabikho muthi ngasemanzini okhukhumala ngokuphakama kwawo, ungabeki isihloko sawo emafwini, yebo, nenamandla ingemi ngokuziphakamisa, yonke ephuze amanzi; ngokuba yonke inikelwe ekufeni kokuphansi komhlaba phakathi kwabantwana babantu, kwabehlelayo egodini.

15 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngosuku owehlela ngalo endaweni yabafileyo ngalwenza utwa ukuba lulile, ngalusibekela, ngavimba imifula yalo, namanzi amaningi avalelwa; ngalenza iLebanoni libe mnyama ngenxa yawo; imithi yonke yasendle yadangala ngenxa yawo.

16 Ngomdumo wokuwa kwawo ngathuthumelisa izizwe, lapho ngiwehlisela endaweni yabafileyo kanye nabehlela egodini; yonke imithi yase-Edene ekhethekileyo nemihle yaseLebanoni, yonke ephuze amanzi, yaduduzwa kokuphansi komhlaba.

17Nayo yehlela kanye nawo endaweni yabafileyo kwabagwaziweyo ngenkemba, ababe yingalo yawo, ababehlela emthunzini wawo phakathi kwezizwe.

18 Pho, ufana nobani ngodumo nangobukhulu phakathi kwemithi yase-Edene na? Nokho uyakwehliselwa kokuphansi komhlaba kanye nemithi yase-Edene, ulale phakathi kwabangasokile nabagwazwe ngenkemba. Lo unguFaro nesixuku sakhe sonke, isho iNkosi uJehova.

## UHezekeli 32

1Kwathi ngomnyaka weshumi nambili, ngenyanga yeshumi nambili, ngolokuqala lwenyanga lafika kimi izwi likaJehova, lathi:

2 Ndodana yomuntu, yenza isililiselo ngoFaro inkosi yaseGibithe, uthi kuye: Wazifanisa nebhongo lengonyama phakathi kwezizwe, kepha unjengodrako elwandle, lapho ufohlela emifudlaneni yakho, unyakazisa amanzi ngasezinyaweni zakho, udunga izikhukhula zawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

3 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakweneka inetha lami phezu kwakho
ngesixuku sabantu abaningi, bakukhuphule ngenetha lami.

4 Ngiyakukuphonsa emhlabathini, ngikuntshinge endle, ngihlalise phezu
kwakho zonke izinyoni zezulu, ngisuthise zonke izilwane zomhlaba ngawe.

5 Ngiyakubeka inyama yakho ezintabeni, ngigcwalise izigodi ngezidumbu
zakho.

6 Ngiyakuliminzisa izwe lokukhukhula kwakho ngegazi lakho kuze kube
sezintabeni, imifudlana igcwale ngawe.

7 Lapho ngikucisha, ngiyakusibekela izulu, ngenze mnyama izinkanyezi,
ngimboze ilanga ngefu, inyanga ingakhanyisi ngokukhanya kwayo.

8 Ngiyakwenza mnyama phezu kwakho zonke izinkanyiso zezulu ezikhanyayo,
ngibeke ubumnyama ezweni lakho, isho iNkosi uJehova.

9 Ngiyakukhathaza izinhliziyo zabantu abaningi, lapho sengiletha
ukwaphulwa kwakho ezizweni emazweni ongawazanga.

10 Ngiyakwenza ukuba abantu abaningi bamangale ngawe, amakhosi abo
aqhakanyeke, lapho ngisikaza ngenkemba phambi kwawo, aqhaqhazele
imizuzwana yonke, kube yileyo naleyo ngokuphila kwayo ngosuku lokuwa
kwakho.

11 Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Inkemba yenkosi yaseBabele
iyakukwehlela.

12 Ngezinkemba zamaqhawe ngiyakuwisa isixuku sakho, bonke
bengabesabekayo bezizwe; bayakuchitha ukuziphakamisa kweGibithe, sonke
isixuku salo sichitheke.

13 Ngiyakuqothula zonke izinkomo zalo ezingasemanzini amaningi, angabe
esanyakaziswa lunyawo lomuntu, anganyakaziswa yizinselo zezinkomo.

14 Ngiyakwenza ukuba amanzi abo abohle, ngihambise imifula yabo
njengamafutha, isho iNkosi uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Lapho ngiyakwenza izwe laseGibithe libe yincithakalo nehlane, izwe
elingasenokugcwala kwalo, lapho ngibulala bonke abakhe kulo, khona
bayakwazi ukuthi nginguJehova.

16 Lokhu kuyisililo abayakulila ngaso; amadodakazi ezizwe ayakulilisela
ngaso, alilele iGibithe nesixuku salo ngaso, isho iNkosi uJehova.

17Kwathi ngomnyaka weshumi nambili, ngolweshumi nanhlanu lwenyanga,
izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

18 Ndodana yomuntu, khalela isixuku saseGibithe, usehlisele ezindaweni
eziphansi komhlaba, sona namadodakazi ezizwe ezidumileyo, kanye
nabehlela egodini.

19Udlula bani ngobuhle na? Yehla, ulaliswe phakathi kwabangasokile.

20Bayakuwa phakathi kwabagwazwe ngenkemba; linikelwe enkembeni;
lihuduleni nazo zonke izixuku zalo.

21 Abanamandla bamaqhawe bayakukhuluma ngalo nangabasizi balo,
bephakathi kwendawo yabafileyo, bathi: Sebehlile, sebelele abangasokile,
bebulewe ngenkemba.

22 Lapho kukhona i-Asiriya neviyo lalo lonke, amathuna alo engakulo
nxazonke, bonke bebulewe bewe ngenkemba,

23amathuna alo engaphakathi kwegodi, iviyo lalo lizungeza ithuna nxazonke,
bonke balo bebulewe bewe ngenkemba, labo ababebanga ukuba besatshwe
ezweni lababphilayo.

24 Lapho kukhona i-Elamu nesixuku sonke salo nxazonke zethuna, bebulewe
bonke bewe ngenkemba, abehlele ezindaweni eziphansi komhlaba
bengasokile, ababebanga ukuba besatshwe ezweni lababphilayo; sebethwala
amahloni abo kanye nabehlela egodini.

25Phakathi kwabagwaziweyo balibekele umbhede kanye naso sonke isixuku
salo, amathuna aso engakulo nxazonke, bonke balo bengabangasokile,
bebulewe ngenkemba, ngokuba kwabangwa ukuba besatshwe ezweni

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

labaphilayo; sebethwala amahloni abo kanye nabehlela egodini; yebo, libekiwe phakathi kwababuleweyo.

26 Lapho kukhona oMesheke noThubali naso sonke isixuku sabo, amathuna abo engakubo nxazonke, bonke babo bengabangasokile, bebulewe ngenkemba, ngokuba babebanga ukuba besatshwe ezweni labaphilayo.

27 Laba babangasokile abawileyo abayikulala namaqhawe ehlela endaweni yabafileyo enezikhali zawo zokulwa, abekwa izinkemba zawo phansi kwamakhanda, nezihlangu zawo ziphezu kwamathambo awo, ngokuba besabisa amaqhawe ezweni labaphilayo.

28 Nawe uyakwaphulwa phakathi kwabangasokile, ulale nababulewe ngenkemba.

29 Lapho kukhona u-Edomi, amakhosi akhe nazo zonke izikhulu zakhe, abathe nakuba bebe nobuqhawe babekwa nababulewe ngenkemba; bayakulala nabangasokile nabehlela egodini.

30 Lapho kukhona izikhulu zasenyakatho, zonke zazo, nabo bonke abaseSidoni, abehlile nabagwaziweyo; nakuba bebesatshwa ngenxa yobuqhawe babo, sebejabhile, balele bengasokile nababulewe ngenkemba, bethwala amahloni kanye nabehlela egodini.

31 UFaro uyakubabona, aduduzeke ngaso sonke isixuku sakhe; ubulewe ngenkemba uFaro nayo yonke impi yakhe, isho iNkosi uJehova.

32 Ngenza ukuba esatshwe ezweni labaphilayo, kepha useyakulaliswa uFaro naso sonke isixuku sakhe phakathi kwabangasokile nababulewe ngenkemba, isho iNkosi uJehova.

## UHezekeli 33

### Umlindi

1 Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, khuluma kubantwana babantu bakho, uthi kubo: Lapho ngehlisela phezu kwezwe inkemba, abantu bezwe bese bethatha umuntu phakathi kwabo, bambeke umlindi wabo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3nalapho yena esebona inkemba yehla phezu kwezwe, abethe icilongo,
axwayise abantu,

4okuzwayo ukukhala kwecilongo angaxwayi kodwa, bese yehla inkemba,
imsuse, igazi lakhe liyakuba sekhanda lakhe.

5Ukukhala kwecilongo wakuzwa, kepha akaxwayanga; igazi lakhe liyakuba
kuye; uma exwayile, nga ezophulile.

6Kepha uma umlindi ebona inkemba yehla, angabethi icilongo, abantu
bangaxwayi, bese yehla inkemba, isuse umuntu kubo, uyasuswa ngenxa
yobubi bakhe kepha igazi lakhe ngiyakulibiza esandleni somlindi.

7 Wena-ke, ndodana yomuntu, ngikubeke umlindi kuyo indlu yakwa-Israyeli;
yizwa izwi lomlomo wami, ubaxwayise, kuvela kimi.

8Lapho ngithi komubi: Muntu omubi, uyakufa nokufa, bese wungakhulumi
ukuba uxwayise omubi ashiye indlela yakhe, lowo muntu omubi uyakufa
ngenxa yobubi bakhe, kepha igazi lakhe ngiyakulibiza esandleni sakho.

9Kepha uma umxwayisa omubi ukuba ashiye indlela yakhe, abuye kuyo,
angabuyi kodwa endleleni yakhe, uyakufa ngenxa yobubi bakhe, kepha wena
uzikhululile.

10 Wena ndodana yomuntu, yisho kuyo indlu yakwa-Israyeli, uthi: Nisho
kanje, nithi: Impela iziphambeko zethu nezono zethu ziphezu kwethu,
siyonda ngenxa yazo; pho, siyakuphila kanjani na?

11 Yisho kubo, uthi: Kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, angithokozi
ngokufa komubi, kuphela ngokubuya komubi endleleni yakhe aze aphile.
Buyani, buyani ezindleleni zenu ezimbi; niyakufelani nina ndlu yakwa-
Israyeli na?

12 Kepha wena ndodana yomuntu, yisho kubantwana babantu bakho, uthi:
Ukulunga kolungileyo akuyikumophula ngosuku lwesiphambeko sakhe,
nobubi-ke bomubi akayikuwa ngabo ngosuku lokubuya kwakhe ebubini
bakhe, nolungileyo akanakuphila ngakho ngosuku lokona kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Lapho ngisho kolungileyo ukuthi uyakuphila nokuphila, yena abesethemba ekulungeni kwakhe kodwa, enze okubi, akuyikukhunjulwa nesisodwa sezenzo zakhe ezilungileyo, kepha uyakufela kokubi akwenzileyo.

14 Lapho ngithi komubi: Uyakufa nokufa, yena abesephenduka kodwa esonweni sakhe, enze okufaneleyo nokulungileyo,

15 yena lo mubi abuyise isibambiso, akhokhe ayekuthathile, ahambe ngezimiso zokuphila, angenzi okubi, uyakuphila nokuphila, angafi.

16Akayikukhunjulelwa nesisodwa sezono zakhe azenzileyo; wenzile okufaneleyo nokulungileyo; uyakuphila nokuphila.

17 Kodwa abantwana babantu bakho bathi: Indlela yeNkosi ayilingani. Kepha ngeyabo indlela engalingani.

18Lapho olungileyo ebuya ekulungeni kwakhe, enze okubi, uyakufa ngakho.

19Nalapho omubi ebuya ebubini bakhe, enze okufaneleyo nokulungileyo, uyakuphila ngakho.

20Nokho nisho nithi: Indlela yeNkosi ayilingani. Ngiyakunahlulela nina ndlu yakwa-Israyeli, kube yilowo nalowo ngendlela yakhe.

### Ukuwa kweJerusalema

21Kwathi ngomnyaka weshumi nambili wokuthunjwa kwethu, ngenyanga yeshumi, ngolwesihlanu lwenyanga, kwafika kimi ophunyukileyo eJerusalema, wathi: Umuzi unqotshiwe.

22 Isandla sikaJehova sasiphezu kwami kusihlwa, engakafiki ophunyukileyo, kepha wavula umlomo wami engakafiki kimi ekuseni; wavulwa umlomo wami, angabe ngisaba yisimungulu.

23Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

24 Ndodana yomuntu, abakhe ezincithakalweni ezweni lakwa-Israyeli basho bathi: U-Abrahama wayemunye, wadla ifa lezwe; kepha thina sibaningi, siphiwe lona libe yifa lethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25 Ngalokho thana kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Nidla okunegazi, niphakamisa amehlo enu ezithombeni zenu, nichitha igazi. Pho, niyakudla ifa lezwe na?

26Niyethemba enkembeni yenu, nenza izinengiso, ningcolisa, kube yilowo nalowo umkamakhelwane wakhe. Pho, niyakudla ifa lezwe na?

27 Uyakusho kanje kubo, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Kuphila kwami, abasezincithakalweni, ngempela, bayakuwa ngenkemba, nosendle ngiyakumnika izilwane ukuba adliwe, nabasezinqabeni nasemihumeni bayakufa ngesifo.

28Ngiyakwenza izwe libe yincithakalo nokuyize, kuphele ukuzidla kwamandla alo; izintaba zakwa-Israyeli ziyakuchithwa ukuze kungabikho odlulayo.

29Bayakwazi ukuthi nginguJehova, lapho ngenzile izwe libe yincithakalo nokuyize ngenxa yazo zonke izinengiso zabo abazenzileyo.

30 Wena-ke, ndodana yomuntu, abantwana babantu bakho bakhuluma ngawe ngasezindongeni naseminyango yezindlu, basho omunye komunye, omunye kumfowabo, bathi: Woza uzwe ukuthi yizwi lini eliphuma kuJehova.

31 Bafika kuwe njengokufika kwabantu, bahlala phambi kwakho njengabantu bami, bezwa amazwi akho, abawenzi kodwa, ngokuba ngomlomo wabo babonakalisa uthando olukhulu, kepha inhliziyo yabo ilandela inzuzo yabo.

32Bheka, uyisihlabelelo esithandekayo sonephimbo elimnandi kubo, obetha kahle ngogubhu, ngokuba bezwa amazwi akho, abawenzi kodwa.

33 Lapho lokhu kufika -- bheka, kuyeza! -- bayakwazi ukuthi kwakukhona umprofethi phakathi kwabo.

## UHezekeli 34

### Isiprofetho ngabelusi bakwa-Israyeli

1Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Ndodana yomuntu, profetha ngabelusi bakwa-Israyeli; profetha uthi kubo, kubelusi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Wo kubelusi bakwa-Israyeli abazibonelela bona! Abelusi bebengayikuzalusa izimvu na?

3Niyadla amanoni, nembatha uboya, nihlaba ezikhulupheleyo, kepha izimvu anizalusi.

4Ezibuthakathaka aniziqinisanga, negulayo aniyiphilisanga, neyaphukileyo aniyibophanga, nexoshiweyo aniyibuyisanga, nelahlekileyo aniyifunanga, kepha nizibusile ngamandla alukhuni.

5 Zazihlakazekile, ngokuba umalusi wayengekho; zaba ngukudla kwazo zonke izilwane zasendle, zahlakazeka.

6Izimvu zami zazulazula kuzo zonke izintaba nakuwo onke amagquma aphakemeyo, yebo, izimvu zami zazihlakazekele ebusweni bonke bomhlaba, akwabakho ozifunayo nozicingayo.

7 Ngalokho, belusi, zwanini izwi likaJehova lokuthi:

8Kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, impela ngenxa yokuba izimvu zami zaba yimpango, nangokuba izimvu zami zaba ngukudla kwazo zonke izilwane zasendle, lokhu umalusi engekho, nangokuba abelusi bami bengafunanga izimvu zami, abelusi bezibonelela bona, bengazalusi izimvu zami,

9ngalokho, belusi, zwanini izwi likaJehova lokuthi:

10Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bhekani, ngimelene nabelusi, ngiyakuzibiza izimvu zami esandleni sabo, ngenze ukuba bangabe besazalusa izimvu, abelusi bangabe besazibonelela bona, ngophule izimvu zami emlonyeni wabo, zingabi ngukudla kwabo.

11 Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bhekani, mina ngiyakuzifuna izimvu zami, ngizicinge.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Njengomalusi efuna umhlambi wakhe mhla ephakathi kwezimvu zakhe ezilahlekileyo, kanjalo ngiyakufuna izimvu zami, ngizophule kuzo zonke izindawo ezihlakazekele kuzo ngosuku lwamafu nolobumnyama.

13Ngiyakuzikhipha kubantu, ngiziqoqe emazweni, ngiziyise ezweni lazo, ngizaluse ezintabeni zakwa-Israyeli, ngasemifuleni, nasezindaweni zonke ezakhiweyo zezwe.

14Ngiyakuzalusela emadlelweni amahle, isibaya sazo sibe sezintabeni zempakama yakwa-Israyeli; ziyakubuthisa khona esibayeni esihle, ziklabe emadlelweni aluhlaza ezintabeni zakwa-Israyeli.

15Mina ngiyakuzalusa izimvu zami, ngenze ukuba zibuthise, isho iNkosi uJehova.

16Ngiyakufuna ezilahlekileyo, ngibuyise ezixoshiweyo, ngibophe ezaphukileyo, ngiqinise ezigulayo; kepha ezikhulupheleyo nezinamandla ngiyakuzichitha, ngizaluse ngokwahlulela.

17 Nina-ke, zimvu zami, isho iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiyakwahlulela phakathi kwemvu nemvu naphakathi kwezimpongo.

18Kuncane kini yini ukuklaba edlelweni elihle nize ninyathele ngezinyawo zenu okuseleyo kwedlelo lenu, nokuphuza amanzi acwebileyo nize nidunge aseleyo ngezinyawo zenu na?

19Izimvu zami ziyadla okunyathelwe ngezinyawo zenu, ziphuza okudungiwe ngezinyawo zenu.

20 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova kuzo, ithi: Bhekani, mina ngiyakwahlulela phakathi kwezimvu ezikhulupheleyo nezimvu ezondileyo.

21Ngokuba nisunduza ngohlangothi nangehlombe, niqhubukusha zonke ezigulayo ngezimpondo zenu, nize nizihlakazele ngaphandle,

22ngiyakusindisa izimvu zami, azisayikuba yimpango, ngahlulele phakathi kwezimvu nezimvu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Ngiyakumisa umalusi phezu kwazo, azaluse: inceku yami uDavide; uyakuzalusa, abe ngumalusi wazo.

24 Mina Jehova ngiyakuba nguNkulunkulu wazo, inceku yami uDavide ibe yisikhulu phakathi kwazo; mina Jehova ngikhulumile.

25 Ngiyakwenza nazo isivumelwano sokuthula, ngiqede izilwane ezimbi ezweni, zihlale zilondekile ehlane, zilale emahlathini.

26 Ngiyakuzenza zona nezindawo ezizungeza intaba yami zibe yisibusiso, ngehlise imvula ngesikhathi sayo, ibe yizihlambi zesibusiso.

27 Umuthi osendle uyakuthela izithelo zawo, umhlabathi uthele ukudla kwawo, zihlale zilondekile ezweni lazo, zazi ukuthi nginguJehova, lapho sengaphulile izikeyi zejoka lazo, ngazophula esandleni salabo ezenziwa izikhonzi yibo.

28 Azisayikuba yimpango yabezizwe, nesilwane somhlaba asiyikuzidla, kepha ziyakuhlala zilondekile, zingesatshiswa muntu.

29 Ngiyakuzivusela insimu edumileyo; azisayikususwa yindlala ezweni, zingasalithwali ihlazo labezizwe.

30 Ziyakwazi ukuthi mina Jehova uNkulunkulu wazo nginazo nokuthi zona, indlu yakwa-Israyeli, zingabantu bami, isho iNkosi uJehova.

31 Nina niyizimvu zami, niyizimvu zedlelo lami; ningabantu, mina nginguNkulunkulu wenu, isho iNkosi uJehova.

## UHezekeli 35

### Isiprofetho ngentaba yaseSeyiri

1 Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho ngasentabeni yaseSeyiri, uprofethe ngayo,

3 uthi kuyo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngimelene nawe ntaba yaseSeyiri; ngiyakwelulela kuwe isandla sami, ngikwenze incithakalo nokuyize.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Ngiyakwenza imizi yakho ibe yihlane, wena ube yincithakalo, wazi ukuthi nginguJehova.

5 Ngokuba unobutha obuphakade, futhi unikele abantwana bakwa-Israyeli osikweni lwenkemba ngesikhathi sesigemegeme sabo, ngesikhathi sokuphela kokubi,

6ngalokho, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, ngiyakwenza ube yigazi, igazi likuxoshe; ngokuba ungazondanga igazi, igazi liyakukulandela.

7Ngiyakwenza intaba yaseSeyiri ibe yincithakalo nokuyize, nginqume kuyo odlulayo nobuyayo.

8Ngiyakugcwalisa izintaba zayo ngababuleweyo bayo, abagwazwe ngenkemba bawa emagqumeni akho, nasezigodini zakho, nakuyo yonke imifula yakho.

9Ngiyakukwenza incithakalo ephakade, imizi yakho ingabe isahlalwa, nazi ukuthi nginguJehova.

10 Ngokuba wathi: Lezi zizwe ezimbili nalawa mazwe amabili kuyakuba ngokwami, sidle ifa lakho, noma uJehova ebelapho,

11ngalokho, kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, ngiyakwenza njengolaka lwakho nanjengomhawu wakho obafele wona ngokubazonda kwakho, ngizazise kubo, lapho ngikwahlulela.

12Uyakwazi ukuthi nginguJehova; ngizwile zonke izithuko zakho ozikhulume ngezintaba zakwa-Israyeli ngokuthi: Yincithakalo; siphiwe zona ukuba sizidle.

13Nizikhulisile kimi ngomlomo wenu, nandisile amazwi enu kimi; mina ngiwezwile.

14Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Lapho uthokoza umhlaba wonke, ngiyakukwenza incithakalo.

15Njengokuthokoza kwakho ngefa lendlu yakwa-Israyeli, ngokuba ibiyincithakalo, kanjalo ngiyakwenza kuwe: uyakuba yincithakalo, ntaba

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

yaseSeyiri, naye wonke u-Edomi, yebo, wonke wakhe, bazi ukuthi nginguJehova.

## UHezekeli 36

### Ukubuyiswa kuka-Israyeli

1 Wena ndodana yomuntu, profetha ngezintaba zakwa-Israyeli, uthi: Nina zintaba zakwa-Israyeli, zwanini izwi likaJehova.

2 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba isitha sisho kuwe, sithi: Ashila, nokuthi: Izindawo eziphakemeyo zamandulo seziyifa lethu,

3 ngalokho profetha, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba, yebo, ngokuba banenza incithakalo, banigwinya nxazonke ukuba nibe yifa lezizwe eziseleyo, futhi niphathwa ngezindebe zezideleli nangokuhleba kwabantu,

4 ngalokho, zintaba zakwa-Israyeli, zwanini izwi leNkosi uJehova lokuthi: Isho kanje iNkosi uJehova kuzo izintaba nakuwo amagquma, kuyo imifula nakuzo izigodi, nakuzo izindawo ezichithekileyo, nakuyo imizi eshiyiweyo, osekuyimpango nenhlekiso yezizwe eziseleyo ezikhona nxazonke,

5 yebo, ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Impela ngomlilo womhawu wami ngikhulumile ngensali yezizwe nangawo wonke u-Edomi, ababeke izwe lami libe yifa labo ngentokozo yenhliziyo yabo yonke nangamafundululu omphefumulo, ukuze lilahlwe libe yimpango;

6 ngalokho profetha ngezwe lakwa-Israyeli, uthi kuzo izintaba nakuwo amagquma, kuyo imifula nakuzo izigodi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bhekani, ngikhulume ngomhawu wami nangokufutheka kwami, ngokuba nithwele ihlazo labezizwe.

7 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiphakamisile isandla sami ngokuthi: Impela abezizwe abakini nxazonke bayakuthwala ihlazo labo.

8 Kepha nina zintaba zakwa-Israyeli niyakuveza amagatsha enu, nithelele abantu bami izithelo zenu, ngokuba sebeseduze ukubuya.

9 Ngokuba bhekani, nginani; ngiyakuphendukela kini, niyakulinywa, nihlwanyelwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[10]Ngiyakwandisa abantu phezu kwenu, yonke indlu yakwa-Israyeli, yonke yayo; imizi iyakuhlalwa, nezindawo ezichithekileyo ziyakwakhiwa.

[11]Ngiyakwandisa phezu kwenu abantu nezilwane; kuyakwanda, kuzale; ngiyakwenza ukuba nihlalwe njengakuqala, kube kuhle kini kunakuqala, nazi ukuthi nginguJehova.

[12]Ngiyakuhambisa abantu phezu kwenu, abantu bami u-Israyeli; bayakukuzuza, ube yifa labo; awusayikubaphuca abantwana.

[13] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba bathi kuwe: Wena ungodlayo abantu, waphucile abantwana besizwe sakini,

[14]ngalokho awusayikudla abantu, ungasaphuci abantwana besizwe sakini, isho iNkosi uJehova.

[15]Angisayikukuzwisa ihlazo labezizwe, ungasathwali amahloni abantu, ungasakhubekisi isizwe sakini, isho iNkosi uJehova.

[16]Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

[17] Ndodana yomuntu, indlu yakwa-Israyeli isahlala ezweni layo balingcolisa ngezindlela zabo nangezenzo zabo; indlela yabo yayingcolile phambi kwami njengowesifazane ekungcoleni kwakhe.

[18]Ngase ngithulula ukufutheka kwami phezu kwabo ngenxa yegazi ababelichithe ezweni, nangokuba babelingcolisile ngezithombe zabo.

[19]Ngabahlakazela phakathi kwezizwe, basabalaliselwa emazweni; ngabahlulela njengendlela yabo nezenzo zabo.

[20] Nxa sebefika ezizweni lapho beya khona, balihlambalaza igama lami elingcwele, lapho kwakuthiwa ngabo: Laba bangabantu bakaJehova, kepha nokho baphumile ezweni lakubo.

[21]Kodwa ngalihawukela igama lami elingcwele eyayilingcolisile indlu yakwa-Israyeli phakathi kwezizwe, lapho yaya khona.

[22] Ngalokho yisho kuyo indlu yakwa-Israyeli, uthi: Isho kanje iNkosi, uJehova, ithi: Angikwenzi lokho ngenxa yenu nina ndlu yakwa-Israyeli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kepha ngenxa yegama lami elingcwele enilihlambalazile phakathi kwezizwe,
lapho naya khona.

23Ngiyakulingcwelisa igama lami elikhulu elihlanjalaziwe phakathi kwezizwe,
enilihlambalazile phakathi kwazo, izizwe zazi ukuthi ngingu Jehova, isho
iNkosi uJehova, lapho ngiyakungcweliseka ngani emehlweni abo.

24 Ngiyakunithabatha ezizweni, nginibuthe emazweni onke, nginiyise ezweni
lakini.

25 Ngiyakunifafaza ngamanzi ahlambulukileyo, nihlambuluke,
nginihlambulule kukho konke ukungcola kwenu nakuzo zonke izithombe
zenu.

26 Ngiyakuninika inhliziyo entsha, ngifake phakathi kwenu umoya omusha,
ngikhiphe inhliziyo yetshe enyameni yenu, ngininike inhliziyo yenyama.

27Ngiyakufaka umoya wami phakathi kwenu, ngenze ukuba nihambe
ngezimiso zami; niyakugcina izahlulelo zami, nizenze.

28Niyakuhlala ezweni engalinika oyihlo, nibe ngabantu bami, mina ngibe
nguNkulunkulu wenu.

29 Ngiyakunisindisa kukho konke ukungcola kwenu, ngibize amabele,
ngiwandise, ngingabeki indlala phezu kwenu.

30 Ngiyakwandisa izithelo zomuthi nokudla komhlabathi, ningabe
nisamukeliswa ihlazo lendlala phakathi kwezizwe.

31 Seniyakukhumbula izindlela zenu ezimbi nezenzo zenu ezingezinhle,
ninengeke emehlweni enu ngenxa yobubi benu nangenxa yezinengiso zenu.

32Angikwenzi lokhu ngenxa yenu, isho iNkosi uJehova; makwaziwe kini;
jabhani, nibe namahloni ngenxa yezindlela zenu nina ndlu yakwa-Israyeli.

33 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Mhla nginihlambulula ebubini benu bonke,
ngiyakwenza ukuba imizi ihlalwe, zakhiwe izindawo ezichithekileyo.

34Izwe elaliyize liyakulinywa esikhundleni sokuba yincithakalo emehlweni
abo bonke abadlulayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35Bayakuthi: Leli zwe ekade laliyize selinjengensimu yase-Edene, nemizi echithekileyo neyayiyincithakalo nediliziweyo isibiyelwe, iyahlalwa.

36 Seziyakwazi izizwe ezisele nxazonke zenu ukuthi mina Jehova ngakhile izindawo ezidiliziweyo, ngatshala lokhu okukade kwakuyincithakalo; mina Jehova ngikhulumile, ngiyakukwenza.

37 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Nangalokhu ngiyakucelwa yindlu yakwa-Israyeli ukuba ngiyenzele: ngiyakuyandisela abantu njengezimvu.

38Njengomhlambi ongcwelisiweyo, njengomhlambi waseJerusalema emikhosini yalo emisiweyo, kanjalo imizi echithekileyo iyakugcwala imihlambi yabantu, bazi ukuthi nginguJehova.

## UHezekeli 37

### Isigodi samathambo omileyo

1 Isandla sikaJehova sasiphezu kwami, sangikhipha ngoMoya kaJehova, sangibeka phakathi kwesigodi; sasigcwele amathambo.

2Wangidlulisa kuwo, ngawazungeza; bheka, ayemaningi kakhulu ebusweni besigodi, futhi bheka, ayomile kakhulu.

3Wayesethi kimi: Ndodana yomuntu, lawa mathambo angaphila na? Ngathi: Nkosi Jehova, wena uyazi.

4Wayesethi kimi: Profetha phezu kwalawa mathambo, uthi kuwo: Nina mathambo omileyo, zwanini izwi likaJehova.

5 Isho kanje iNkosi uJehova kulawa mathambo, ithi: Bhekani, ngiyakungenisa kini umoya, niphile.

6Ngiyakubeka imisipha phezu kwenu, ngihlumise inyama phezu kwenu, nginimboze ngesikhumba, nginike umoya, niphile, nazi ukuthi nginguJehova.

7Ngaprofetha njengalokho ngiyaliwe, nalapho ngiprofetha kwaba khona umsindo nokugunquza; amathambo asondelana, ithambo kulo ithambo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Ngase ngibona; bheka, kwakukhona imisipha phezu kwawo, kwahluma nenyama, nesikhumba sawasibekela ngaphezulu, kepha umoya wawungekho kuwo.

9Wayesethi kimi: Profetha kuwo umoya, profetha, ndodana yomuntu, uthi kuwo umoya: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Woza, moya, uvele emimoyeni yomine, uphefumulele laba ababuleweyo ukuba baphile.

10Ngaprofetha njengalokho ngiyaliwe; umoya wangena kuwo, aphila, ema ngezinyawo zawo, impi enkulu kakhulu impela.

11 Wayesethi kimi: Ndodana yomuntu, lawa mathambo ayindlu yonke yakwa-Israyeli; bathi: Bheka, amathambo ethu omile, ithemba lethu liphelile, sinqunyiwe.

12 Ngalokho profetha, uthi kubo: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngiyakuvula amathuna enu, nginikhuphule emathuneni enu nina bantu bami, nginiyise ezweni lakwa-Israyeli.

13Niyakwazi ukuthi nginguJehova, lapho sengiwavulile amathuna enu, nganikhuphula emathuneni enu nina bantu bami.

14 Ngiyakuwufaka uMoya wami kini, nize niphile, nginibeke ezweni lakini, nazi ukuthi mina Jehova ngikhulumile, ngakwenza, usho uJehova.

**Izinti ezimbili**

15Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

16 Wena ndodana yomuntu, zithathele induku, ulobe kuyo ngokuthi: EkaJuda neyabantwana bakwa-Israyeli, abangane bakhe. Thatha enye induku, ulobe kuyo ngokuthi: EkaJosefa, induku ka-Efrayimi neyendlu yonke yakwa-Israyeli, abangane bakhe,

17uzisondeze enye kwenye, zibe yinduku inye, zibe nye esandleni sakho.

18 Lapho abantu bakho bekhuluma kuwe, bathi: Ungesitshele ukuthi lezi ziyini kuwe na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[19]khuluma kubo, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka,
ngiyakuyithatha induku kaJosefa esesandleni sika-Efrayimi nezizwe zakwa-
Israyeli, abangane bakhe, ngiyibeke endukwini kaJuda, ngizenze zibe
yinduku inye, babe munye esandleni sami.

[20]Izinduku oloba kuzo ziyakuba sesandleni sakho phambi kwamehlo abo.

[21] Khuluma kubo, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka,
ngiyakuthabatha abantwana bakwa-Israyeli ezizweni lapho baya khona,
ngibabuthe nxazonke, ngibayise ezweni lakubo,

[22] ngibenze isizwe sinye ezweni, ezintabeni zakwa-Israyeli, kube yinkosi inye
kubo bonke, bangabe besaba yizizwe ezimbili, bangabe besahlukaniselwa
imibuso emibili.

[23]Abasayikuzingcolisa ngezithombe zabo, nangokuzondekayo kwabo,
nangesisodwa seziphambeko zabo, kepha ngiyakubasindisa kukho konke
ukuhlehla kwabo abone ngakho, ngibahlambulule, baze babe ngabantu bami,
mina ngibe nguNkulunkulu wabo.

[24] Inceku yami uDavide iyakuba yinkosi phezu kwabo, kube ngumalusi
munye kubo bonke; bayakuhamba ezahlulelweni zami, bagcine izimiso zami,
bazenze.

[25] Bayakuhlala ezweni engilinike inceku yami uJakobe, ababehlala kulo
oyihlo; bayakuhlala kulo, bona nabantwana babo, nabantwana babantwana
babo kuze kube phakade, uDavide inceku yami abe yisikhulu sabo kuze kube
phakade.

[26] Ngiyakwenza isivumelwano sokuthula nabo, sibe yisivumelwano
esiphakade nabo; ngiyakubamisa, ngibandise, ngibeke indlu yami engcwele
phakathi kwabo kuze kube phakade.

[27] Itabernakele lami liyakuba phezu kwabo; ngiyakuba nguNkulunkulu wabo,
bona babe ngabantu bami.

[28]Izizwe ziyakwazi ukuthi mina Jehova ngiyangcwelisa u-Israyeli, lapho indlu
yami engcwele ikhona phakathi kwabo kuze kube phakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## UHezekeli 38

### Isiprofetho ngoGogi

1Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

2 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho kuGogi, izwe likaMagogi, isikhulu sakwaRoshe noMesheke noThubali, uprofethe ngaye,

3 uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngimelene nawe Gogi, isikhulu sakwaRoshe noMesheke noThubali;

4 ngiyakukuguqula, ngifake izingwegwe emihlathini yakho, ngikukhiphe kanye nayo yonke impi yakho, amahhashi nabamahhashi, bonke bembethe kahle kakhulu, iviyo elikhulu elinamahawu nezihlangu, bonke bephethe izinkemba,

5iPheresiya, neKushe, noPhuthi kukanye nabo, bonke benezihlangu nezigqoko zensimbi,

6iGomere nawo onke amaviyo alo, indlu kaThogarma ngasekugcineni kwasenyakatho nawo onke amaviyo akhe, abantu abaningi kanye nawe.

7 Lungela, yebo, uzilungisele, wena nawo onke amaviyo akho abuthene kuwe, ube ngumgcini wawo.

8Emva kwezinsuku eziningi uyakubuthwa; ngeminyaka yokugcina uyakungena ezweni elibuyiswe enkembeni, liqoqwe ezizweni eziningi, ezintabeni zakwa-Israyeli ezaziyincithakalo njalo, eselikhishiwe kubantu, bahlale belondekile bonke.

9Uyakukhuphuka, ufike njengesivunguvungu, usibekele izwe njengefu, wena nawo onke amaviyo akho, nabantu abaningi kanye nawe.

10 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Kuyakuthi ngalolo suku kuvele izinto enhliziyweni yakho, ucebe amacebo amabi.

11Uyakuthi: Ngiyakwenyukela ezweni elisobala, ngiye kwabazinzileyo abahlala belondekile, bonke abahlala bengenalugange, kungekho kubo imigoqo nezicabha,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12ukuze uphange impango, ubamuke impahla, bese wuphendulela isandla sakho ezindaweni ezichithekileyo esezakhiwe nakubantu asebebuthiwe ezizweni, bezuza imfuyo nempahla, behlala enkabeni yezwe.

13ISheba, neDedani, nabathengi baseTharishishi kanye nazo zonke izingonyama zakho kuyakusho kuwe, kuthi: Ufikele ukuphanga na? Ubuthile iviyo lakho ukuba wamuke impahla, ususe isiliva negolide, uthathe imfuyo nempahla, uphange impango enkulu, na?

14 Ngalokho profetha, ndodana yomuntu, uthi kuGogi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngalolo suku, lapho abantu bami u-Israyeli behlala belondekile, angithi uyakukwazi na?

15Uyakuvela endaweni yakho ekugcineni kwasenyakatho, wena nabantu abaningi kanye nawe, bonke bekhwele amahhashi, iviyo elikhulu nempi enamandla,

16ukhuphukele ukulwa nabantu bami u-Israyeli njengefu lokusibekela izwe; kuyakuthi ngezinsuku ezizayo ngikuyise kubantu bami ukuze izizwe zingazi, lapho ngizingcwelisa ngawe Gogi emehlweni azo.

17 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Wena unguye engakhuluma ngaye ngezinsuku zamandulo ngezandla zezinceku zami abaprofethi bakwa-Israyeli ababeprofetha ngalezo zinsuku iminyaka eminingi ukuthi ngiyakukuyisa kubo na?

18Kuyakuthi ngalolo suku lapho uGogi efika ezweni lakwa-Israyeli, isho iNkosi uJehova, ukufutheka kwami kukhuphukele emakhaleni ami.

19 Ngomhawu wami nangomlilo wolaka lwami ngikhulumile, ngathi: Impela ngalolo suku kuyakuba ngukuthuthumela okukhulu ezweni lakwa-Israyeli

20ukuba kuthuthumele phambi kwami izinhlanzi zolwandle, nezinyoni zezulu, nezilwane zasendle, nazo zonke izilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni, nabo bonke abantu abasebusweni bomhlaba, izintaba zidilizelwe phansi, amawa awe, nezingange zonke ziwele phansi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Ngiyakumbizela inkemba kuzo zonke izintaba zami, isho iNkosi uJehova, inkemba yalowo nalowo imelane nomfowabo.

22 Ngiyakumahlulela ngesifo nangegazi, nginise phezu kwakhe, namaviyo akhe, nabantu abaningi abanaye, imvula ekhukhulayo, namatshe esichotho, nomlilo, nesibabule.

23Ngiyakuzenza mkhulu, ngizingcwelise, ngizazise emehlweni ezizwe eziningi, zazi ukuthi ngi nguJehova.

## UHezekeli 39

1 Wena ndodana yomuntu, profetha ngoGogi, uthi: Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Bheka, ngimelene nawe Gogi, isikhulu sakwaRoshe noMesheke noThubali.

2Ngiyakukuguqula, ngikuhole, ngikwenyuse ekugcineni komhlaba, ngikuyise ezintabeni zakwa-Israyeli,

3ngishaye phansi umnsalo esandleni sakho sokhohlo, ngiwise imicibisholo yakho esandleni sakho sokunene.

4 Uyakuwa ezintabeni zakwa-Israyeli, wena namaviyo akho onke, nabantu abanawe, ngikunikele ezinyonini eziyoculayo zezinhlobo zonke nasezilwaneni zasendle ukuba udliwe.

5Uyakuwa ebusweni bomhlaba, ngokuba mina ngikhulumile, isho iNkosi uJehova.

6Ngiyakuthuma umlilo kuMagogi nakwabahlala belondekile eziqhingini, bazi ukuthi nginguJehova.

7 Ngiyakwenza ukuba laziwe igama lami elingcwele phakathi kwabantu bami u-Israyeli, ngingabe ngisavuma ukuba igama lami elingcwele lingcoliswe, izizwe zazi ukuthi nginguJehova, oNgcwele wakwa-Israyeli.

8 Bheka, kuyeza, kuyakwenzeka, isho iNkosi uJehova; yilolo suku engikhulume ngalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Abahlala emizini yakwa-Israyeli bayakuphuma, baphembe umlilo ngezikhali, bazishise, izihlangu namahawu, iminsalo nemicibisholo, nezinduku, nemikhonto, benze umlilo ngakho iminyaka eyisikhombisa.

10 Abayikuthatha muthi endle, bangagawuli emahlathini, ngokuba bayakuphemba umlilo ngezikhali, baphange ababaphangayo, bamuke ababamukileyo, isho iNkosi uJehova.

11 Kuyakuthi ngalolo suku ngimnike uGogi lapho indawo yethuna, kwa-Israyeli, isiGodi Sabadlulayo ngasempumalanga kolwandle, ivimbe abadlulayo, bembele khona uGogi naso sonke isixuku sakhe, bayibize ngokuthi isiGodi saseHamoni Gogi.

12 Indlu yakwa-Israyeli iyakubembela izinyanga eziyisikhombisa, ukuze ihlambulule izwe.

13 Bonke abantu bezwe bayakubembela, kube ludumo lwabo ngosuku engiyakukhazimuliswa ngalo, isho iNkosi uJehova.

14 Bayakwahlukanisa njalo abantu abayakudabula izwe, bembele ababedabula besasele ebusweni bomhlaba, baze balihlambulule; bayakucinga ngasekugcineni kwezinyanga eziyisikhombisa.

15 Lapho abadlula ezweni bedlula babone ithambo lomuntu, bayakumisa isiboniso eceleni kwalo, abembelayo baze balimbele esiGodini saseHamoni Gogi.

16 Kuyakuba khona futhi nomuzi ogama lawo liyakuba yiHamoni. Bayakuhlambulula kanjalo izwe.

17 Wena ndodana yomuntu, isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Yisho ezinyonini zezinhlobo zonke nasezilwaneni zasendle, uthi: Buthani, nifike, nihlanganyele umhlatshelo wami nxazonke engiwuhlaba ngenxa yenu, umhlatshelo omkhulu ezintabeni zakwa-Israyeli, ukuba nidle inyama, niphuze igazi.

18 Niyakudla inyama yamaqhawe, niphuze igazi lezikhulu zomhlaba, elezinqama, nelamawundlu, nelezimbuzi, nelezinkunzi, ezikhulupheleyo zaseBashani zonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Niyakudla amanoni nize nisuthe, niphuze igazi nize nidakwe emhlatshelweni wami engiwuhlaba ngenxa yenu.

20Niyakusutha etafuleni lami ngamahhashi, nangezinqola, nangamaqhawe, nangawo onke amadoda empi, isho iNkosi uJehova.

21 Ngiyakubeka inkazimulo yami phakathi kwezizwe, zonke izizwe zibone isahlulelo sami engisenzileyo, nesandla sami engisibeke kuzo.

22Isiyakwazi indlu yakwa-Israyeli ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wabo, kusukela kulolo suku kuya phambili.

23 Izizwe ziyakwazi ukuthi indlu yakwa-Israyeli yathunjwa ngenxa yobubi bayo, ngokuba baphambuka kimi, ngasitheza ubuso bami kubo; ngabanikela esandleni sezitha zabo, bawa bonke ngenkemba.

24Ngenza kubo njengokungcola kwabo nanjengezeqo zabo, ngasitheza ubuso bami kubo.

25 Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngiyakubuyisa ukuthunjwa kukaJakobe, ngihawukele yonke indlu yakwa-Israyeli, ngibe nomhawu ngegama lami elingcwele.

26Bayakuthwala ihlazo labo nazo zonke izeqo zabo abeqe ngazo kimi, lapho beyakuhlala belondekile ezweni lakubo, kungabikho obesabisayo,

27lapho ngibabuyisile kubantu, ngibabuthile emazweni ezitha zabo, ngingcwelisiwe emehlweni ezizwe eziningi.

28Bayakwazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wabo ngokubathumba kwami phakathi kwezizwe, nangokuba ngababutha ezweni lakubo; angisayikushiya muntu wabo khona;

29 angisayikusitheza ubuso bami kubo, ngokuba ngiyakuthulula uMoya wami phezu kwendlu yakwa-Israyeli, isho iNkosi uJehova.

## UHezekeli 40

### Ithempeli elisha

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Ngomnyaka wamashumi amabili nanhlanu, wokuthunjwa kwethu ekuqaleni komnyaka, ngolweshumi lwenyanga, ngomnyaka weshumi nane, emva kokunqotshwa komuzi, ngalona lolo suku, isandla sikaJehova sasiphezu kwami, wangiyisa khona.

2 Ngemibono kaNkulunkulu wangiyisa ezweni lakwa-Israyeli, wangibeka entabeni ephakeme kakhulu, okwakuphezu kwayo kungathi isakhiwo somuzi ngaseningizimu.

3 Wangiyisa khona; bheka, umuntu osimo sakhe sasinjengesimo sethusi, ephethe intambo yefilakisi esandleni sakhe, nohlanga lokulinganisa, wayemi esangweni.

4 Lo muntu wathi kimi: Ndodana yomuntu, bheka ngamehlo akho, uzwe ngezindlebe zakho, ubeke inhliziyo yakho kukho konke engiyakukubonisa khona, ngokuba ulethiwe ukuba ngikubonise; yitshele indlu yakwa-Israyeli konke okubonayo.

5 Bheka, kwakukhona ugange ngaphandle kwendlu nxazonke, nasesandleni somuntu kwakukhona uhlanga lokulinganisa, luyizingalo eziyisithupha, yileyo naleyo iyingalo nobubanzi besandla; walinganisa ububanzi besakhiwo: luhlanga lunye; nokuphakama: luhlanga lunye.

6 Wayeseya esangweni elalibheke empumalanga, wakhuphuka ngezinyathelo zalo, walinganisa umbundu wesango; ububanzi bawo babuluhlanga lunye.

7 Ubude bekamelo labalindi babuluhlanga lunye, nobubanzi balo buluhlanga lunye; okwakuphakathi kwamakamelo kwakuyizingalo eziyisihlanu; umbundu wesango eceleni kompheme wesango ngasendlini wawuluhlanga lunye.

8 Walinganisa nompheme wesango ngasendlini: luhlanga lunye.

9 Wayeselinganisa umpheme wesango: yizingalo eziyisishiyagalombili; nezinsika zalo: yizingalo ezimbili; umpheme wesango wawungasendlini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[10]Amakamelo abalindi asesangweni ngasempumalanga ayemathathu ngalapha, emathathu nangalapha, eyisilinganiso sinye; nezinsika zaziyisilinganiso sinye ngalapha nangalapha.

[11]Walinganisa ububanzi besikhala sesango: yizingalo eziyishumi; nobude besango: yizingalo eziyishumi nantathu;

[12]nomkhawulo ngaphambi kwamakamelo abalindi: yingalo inye; nomkhawulo ngalapha: yingalo inye; namakamelo abalindi: yizingalo eziyisithupha ngalapha nezingalo eziyisithupha ngalapha.

[13]Walinganisa isango kusukela ophahleni lwelinye ikamelo kuze kube sophahleni lwelinye, ububanzi buyizingalo ezingamashumi amabili nanhlanu, umnyango ubhekene nomnyango.

[14]Wenza nezinsika: yizingalo ezingamashumi ayisithupha, isango lifinyelela ensikeni yegceke nxazonke.

[15]Kusukela phambi kwesango ngasekungeneni kuze kube phambi kompheme wesango elingaphakathi kwakuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu.

[16]Kwakukhona amafasitele avaliweyo, kuwo amakamelo nakuzo izinsika ngaphakathi kwesango nxazonke, kanjalo nakuyo imengamo; kwakukhona amafasitele nxazonke ngaphakathi namasundu ezinsikeni.

[17]Wayesengingenisa egcekeni elingaphandle; bheka, lapho kwakukhona amakamelo nendawo egandayiweyo eyenzelwe igceke nxazonke; kwakukhona amakamelo angamashumi amathathu endaweni egandayiweyo.

[18]Indawo egandayiweyo yayiseceleni kwamasango, ilingene nobude bamasango; lokhu kwakuyindawo egandayiweyo ephansi.

[19]Wayeselinganisa ububanzi kusukela phambi kwesango elingenzansi kuze kube phambi kwegceke elingaphakathi ngaphandle: yizingalo eziyikhulu ngasempumalanga nangasenyakatho.

[20]Wayeselinganisa ubude nobubanzi besango legceke elingaphandle elibheke ngasenyakatho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Amakamelo alo abalindi ayemathathu ngalapha, emathathu nangalapha; izinsika zalo nemengamo yalo kwakunjengesilinganiso sesango sokuqala; ubude balo babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu, nobubanzi buyizingalo ezingamashumi amabili nanhlanu.

22 Amafasitele alo, nemengamo yalo, namasundu alo kwakunjengesilinganiso sesango elibheke ngasempumalanga; bakhuphukela kulo ngezinyathelo eziyisikhombisa; imengamo yalo yayiphambi kwalezi.

23 Kwakukhona isango legceke elingaphakathi malungana naleli sango ngasenyakatho nangasempumalanga; walinganisa, kusukela esangweni kuze kube sesangweni, izingalo eziyikhulu.

24 Wayesengiyisa ngaseningizimu; bheka, isango lingaseningizimu; walinganisa izinsika zalo nemengamo yalo njengezilinganiso zasenhla.

25 Kwakukhona amafasitele kulo nakuyo imengamo yalo nxazonke njengamafasitele angenhla; ubude babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu, nobubanzi buyizingalo ezingamashumi amabili nanhlanu.

26 Kwakukhona izinyathelo eziyisikhombisa zokukhuphukela kulo, imengamo iphambi kwazo; lalinamasundu, lilinye ngalapha nelinye ngalapha ezinsikeni zalo.

27 Kwakukhona isango legceke elingaphakathi ngaseningizimu; walinganisa, kusukela esangweni kuze kube sesangweni ngaseningizimu, izingalo eziyikhulu.

28 Wayesengingenisa egcekeni elingaphakathi ngesango laseningizimu; walilinganisa isango laseningizimu njengezilinganiso zasenhla.

29 Amakamelo alo abalindi, nezinsika zalo, nemengamo yalo kwakunjengezilinganiso zasenhla; kwakukhona amafasitele kulo nakuyo imengamo nxazonke; ubude balo babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu, nobubanzi balo babuyizingalo ezingamashumi amabili nanhlanu.

30 Kwakukhona imengamo nxazonke, ubude bayo buyizingalo ezingamashumi amabili nanhlanu, nobubanzi bayo buyizingalo eziyisihlanu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

31Imengamo yalo yayibheke egcekeni elingaphandle; amasundu ayekhona
ezinsikeni zalo; kwakhushukelwa kulo ngezinyathelo eziyisihiyagalombili.

32Wayesengingenisa egcekeni elingaphakathi ngasempumalanga,
walilinganisa isango njengezilinganiso zasenhla,

33namakamelo alo abalindi, nezinsika zalo, nemengamo yalo
njengezilinganiso zasenhla; kwakukhona amafasitele kulo nakuyo imengamo
yalo nxazonke; ubude babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu, nobubanzi
buyizingalo ezingamashumi amabili nanhlanu.

34Imengamo yalo yayibheke egcekeni elingaphandle; amasundu ayekhona
ezinsikeni zalo ngalapha nangalapha; kwakhushukelwa kulo ngezinyathelo
eziyisishiyagalombili.

35Wayesengiyisa esangweni lasenyakatho, walilinganisa njengezilinganiso
zasenhla,

36namakamelo alo abalindi, nezinsika zalo, nemengamo yalo; kwakukhona
amafasitele kulo nxazonke; ubude babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu,
nobubanzi buyizingalo ezingamashumi amabili nanhlanu.

37Izinsika zalo zazibheke egcekeni elingaphandle; amasundu ayekhona
ezinsikeni zalo ngalapha nangalapha; kwakhushukelwa kulo ngezinyathelo
eziyisishiyagalombili.

38Kwakukhona ikamelo nomnyango walo ngasezinsikeni emasangweni;
bahlanza khona umnikelo wokushiswa.

39Emphemeni wesango kwakukhona amatafula amabili ngalapha namatafula
amabili ngalapha ukuba kuhlatshelwe kuwo umnikelo wokushiswa
nomnikelo wesono nomnikelo wecala.

40Eceleni ngaphandle lapho kukhushukelwa esivalweni sesango
ngasenyakatho kwakukhona amatafula amabili, nakolunye uhlangothi
olungasemphemeni wesango amatafula amabili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

41Amatafula amane ayengalapha, namatafula amane ayengalapha eceleni kwesango, amatafula ayisishiyagalombili ababehlabela kuwo.

42Kwakungamatafula amane omnikelo wokushiswa amatshe abaziweyo, ubude buyingalo nenxenye, nobubanzi buyingalo nenzenye, nokuphakama kuyingalo, ababeka phezu kwawo izinto abahlaba ngazo umnikelo wokushiswa nomhlatshelo.

43Izingwegwe, ubude bazo bungububanzi besandla, zazifakiwe ngaphakathi nxazonke; ematafuleni kwakukhona inyama yomnikelo.

44Ngaphandle kwesango elingaphakathi kwakukhona amakamelo abahlabeleli egcekeni elingaphakathi, eliseceleni kwesango lasenyakatho, libheke ngaseningizimu, elinye eliseceleni kwesango lasempumalanga, libheke ngasenyakatho.

45Wathi kimi: Leli kamelo elibheke ngaseningizimu ngelabapristi abagcina inkonzo yasendlini.

46 Ikamelo elibheke ngasenyakatho ngelabapristi abagcina inkonzo yase-altare; bangamadodana kaSadoki aphakathi kwamadodana kaLevi, asondela kuJehova ukumkhonza.

47Wayeselilinganisa igceke, ubude balo buyizingalo eziyikhulu, nobubanzi buyizingalo eziyikhulu, yizinhlangothi ezine; i-altare laliphambi kwendlu.

48Wayesengingenisa emphemeni wendlu, walinganisa izinsika zompheme: yizingalo eziyisihlanu ngalapha nezingalo eziyisihlanu ngalapha; ububanzi besango babuyizingalo ezintathu ngalapha nezingalo ezintathu ngalapha.

49Ubude bompheme babuyizingalo ezingamashumi amabili, nobubanzi buyizingalo eziyishumi nanye ngasezinyathelweni okwakukhushukelwa ngazo kulo; kwakukhona nezibonda ngasezinsikeni, esinye ngalapha nesinye ngalapha.

## UHezekeli 41

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[1]Wayesengingenisa ethempelini, walinganisa izinsika, ububanzi buyizingalo eziyisithupha ngalapha, ububanzi buyizingalo eziyisithupha nangalapha, ububanzi betabernakele.

[2] Ububanzi bomnyango babuyizingalo eziyishumi; amacele omnyango ayeyizingalo eziyisihlanu ngalapha nezingalo eziyisihlanu ngalapha; walinganisa ubude balo: yizingalo ezingamashumi amane; nobubanzi balo: yizingalo ezingamashumi amabili.

[3]Wayesengena phakathi, walinganisa izinsika zomnyango: yizingalo ezimbili; nomnyango: yizingalo eziyisithupha; nobubanzi bomnyango: yizingalo eziyisikhombisa.

[4] Walinganisa ubude bokuphakathi: yizingalo ezingamashumi amabili; nobubanzi: yizingalo ezingamashumi amabili phambi kwethempeli; wathi kimi: Lokhu kuyindawo engcwele kakhulu.

[5] Wayeselinganisa udonga lwendlu: yizingalo eziyisithupha; nobubanzi bamakamelo ezinhlangothi: yizingalo ezine nxazonke zendlu emaceleni onke.

[6]Amakamelo ezinhlangothi ayemathathu elakanyene elinye phezu kwelinye, engamashumi amathathu ngomumo. Angena odongeni olwalungolwendlu lwamakamelo ezinhlangothi nxazonke ukuba abambelele kulo, angabambeleli odongeni lwendlu.

[7]Amakamelo ezinhlangothi aba banzi ekukhuphukeni njalo nxazonke, ngokuba okuzungeza indlu kwakhuphuka njalo nxazonke zendlu; ngalokho indlu yaba banzi ekukhuphukeni njalo; kwakhushukwa ekamelweni eliphansi kwaze kwaba kweliphezulu ngeliphakathi.

[8]Ngabona ukuthi indlu yayinendunduma nxazonke; izisekelo zamakamelo ezinhlangothi zaziluhlanga olupheleleyo lwezingalo eziyisithupha kuze kube sekuhlanganisweni phezulu.

[9]Uhlonze lodonga olwalungolwamakamelo ezinhlangothi ngaphandle lwaluyizingalo eziyisihlanu; indawo eseleyo yayingeyamakamelo ezinhlangothi endlu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Phakathi kwamakamelo kwakukhona ububanzi obuyizingalo ezingamashumi amabili nxazonke zendlu emaceleni onke.

11Iminyango yamakamelo ezinhlangothi yayibheke endaweni eseleyo, omunye umnyango ngasenyakatho nomunye umnyango ngaseningizimu; ububanzi bendawo eseleyo babuyizingalo eziyisihlanu nxazonke.

12Isakhiwo esasiphambi kwendawo eyahlukanisiweyo ngasentshonalanga, ububanzi baso babuyizingalo ezingamashumi ayisikhombisa; uhlonze lodonga lwendlu lwaluyizingalo eziyisihlanu nxazonke, nobude balo buyizingalo ezingamashumi ayisishiyagalolunye.

13Wayeselinganisa indlu, ubude bayo buyizingalo eziyikhulu; indawo eyahlukanisiweyo nesakhiwo kanye nezindonga zaso, ubude bakho babuyizingalo eziyikhulu,

14nobubanzi bobuso bendlu kanye nendawo eyahlukanisiweyo ngasempumalanga: yizingalo eziyikhulu.

15Wayeselinganisa ubude besakhiwo phambi kwendawo eyahlukanisiweyo eyayisemva kwaso nemipheme yayo ngalapha nangalapha: yizingalo eziyikhulu, nethempeli elingaphakathi, nemipheme yegceke,

16imibundu, namafasitele avaliweyo, nemipheme nxazonke eyelakanyene kathathu malungana nombundu, kwembeswe umuthi nxazonke, kusukela phansi kuze kube semafasiteleni; amafasitele ayemboziwe;

17kuze kube phezu komnyango nasendlini engaphakathi, nangaphandle, nakulo lonke udonga nxazonke ngaphakathi nangaphandle kwakulinganisiwe,

18kwenziwe ngamakherubi nangamasundu; isundu laliphakathi kwekherubi nekherubi, ikherubi lilinye linobuso obubili;

19kwakungubuso bomuntu bubheke isundu ngalapha, nobuso bebhongo lengonyama bubheke isundu ngalapha; kwakwenziwe kanjalo kuyo yonke indlu nxazonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Kusukela phansi kuze kube phezu komnyango kwakwenziwe amakherubi
namasundu, kanjalo nasodongeni lwethempeli.

[21] Ithempeli-ke, izinsika zomnyango zazinezinhlangothi ezine, nobuso
bendawo engcwelengcwele, isimo sabo sasinjengesimo sethempeli.

[22]I-altare lalingumuthi, ukuphakama kwalo kuyizingalo ezintathu, nobude
balo buyizingalo ezimbili; lalinamagumbi; ubude balo nezindonga zalo
kwakungumuthi; wathi kimi: Lokhu kuyitafula eliyakuba ngaphambi
kukaJehova.

[23]Ithempeli nendawo engcwelengcwele kwakunezivalo ezimbili.

[24]Izivalo zazinezicabha ezimbili, izicabha ezimbili eziphendukayo, ezimbili
ngezesinye isivalo, nezicabha ezimbili ngezesinye.

[25] Kwakwenziwe kuzo, ezivalweni zethempeli, amakherubi namasundu
njengokwenziwe ezindongeni; kwakukhona isivikelo somuthi phezu
kompheme ngaphandle.

[26] Kwakukhona amafasitele avaliweyo namasundu ngalapha nangalapha
emaceleni ompheme, nasemakamelweni ezinhlangothi zendlu,
nasesivikelweni.

## UHezekeli 42

[1]Wayesengiphumisela egcekeni elingaphandle ngasenyakatho, wangingenisa
ekamelweni elibhekene nendawo eyahlukanisiweyo, elimalungana nesakhiwo
ngasenyakatho,

[2]ohlangothini olude, ubude balo buyizingalo eziyikhulu, umnyango
ungasenyakatho; ububanzi babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu.

[3]Malungana nezingalo ezingamashumi amabili ezazingezegceke
elingaphakathi, namalungana nendawo egandayiweyo eyayingeyegceke
elingaphandle kwakukhona umpheme malungana nompheme eyelakanyene
kathathu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Ngaphambi kwamakamelo kwakukhona indlela yokuhamba, ububanzi bayo buyizingalo eziyishumi ngaphakathi, nobude bayo buyizingalo eziyikhulu; iminyango yawo yayingasenyakatho.

5Amakamelo aphezulu ayemafushane, ngokuba imipheme yanciphisa kulawa kunakwaphansi naphakathi esakhiweni.

6Ngokuba ayelakanyene kathathu; ayengenazinsika njengezinsika zamagceke; ngalokho angaphezulu ayehlehlile kunaphansi naphakathi kusukela emhlabathini.

7Ugange olwalungaphandle eceleni kwamakamelo ngasegcekeni elingaphandle babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu.

8Ngokuba ubude bamakamelo ayesegcekeni elingaphandle babuyizingalo ezingamashumi ayisihlanu, kepha bheka, ngaphambi kwethempeli kwakuyizingalo eziyikhulu.

9Kusukela phansi kwalawa makamelo kwakukhona ukungena ngasempumalanga, lapho kwangenwa kuwo kuvelwa egcekeni elingaphandle.

10Lapho ugange lwegceke lwaludumbile khona ngasempumalanga, ngaphambi kwendawo eyahlukanisiweyo naphambi kwesakhiwo, kwakukhona amakamelo nalapho.

11Indlela phambi kwawo yayinjengesimo seyamakamelo angasenyakatho; ububanzi babunjengobude; izindawo zawo zokuphuma zazinjengemithetho yazo nanjengeminyango yazo.

12Njengeminyango yamakamelo aseningizimu kwakukhona umnyango esihlokweni sendlela, indlela malungana nogange ngasempumalanga, lapho kungenwa kuwo.

13 Wayesethi kimi: Amakamelo asenyakatho namakamelo aseningizimu aphambi kwendawo eyahlukanisiweyo mawabe ngamakamelo angcwele, lapho abapristi abaseduze noJehova beyakudla khona okungcwelengcwele, babeke khona okungcwelengcwele, nomnikelo wempuphu, nomnikelo wesono, nomnikelo wecala, ngokuba indawo ingcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[14]Lapho abapristi bengena, abayikuphuma endaweni engcwele ukuya egcekeni elingaphandle, kepha bayakubeka lapho izambatho zabo abakhonze ngazo, ngokuba bayingcwele; bayakwembatha ezinye izingubo, basondele kulokhu okungokwabantu.

[15]Lapho eseqede ukulinganisa indlu engaphakathi, wangiphumisa ngendlela yesango elingasempumalanga, walinganisa ukuzungeza.

[16]Walinganisa uhlangothi lwasempumalanga ngohlanga lokulinganisa: yizinhlanga ezingamakhulu ayisihlanu ngohlanga lokulinganisa nxazonke.

[17]Walinganisa uhlangothi lwasenyakatho: yizinhlanga ezingamakhulu ayisihlanu ngohlanga lokulinganisa nxazonke.

[18]Walinganisa uhlangothi lwaseningizimu: yizinhlanga ezingamakhulu ayisihlanu ngohlanga lokulinganisa.

[19]Wayesephendukela ohlangothini lwasentshonalanga, walinganisa izinhlanga ezingamakhulu ayisihlanu ngohlanga lokulinganisa.

[20]Wayilinganisa ezinhlangothini zozine; yayinogange nxazonke, ubude balo buyizingalo ezingamakhulu ayisihlanu, nobubanzi buyizingalo ezingamakhulu ayisihlanu ukwahlukanisa phakathi kokungcwele nokungengcwele.

## UHezekeli 43

### Ukubuya kwenkazimulo kaJehova

[1]Wayesengiyisa esangweni, isango elibheke ngasempumalanga;

[2]bheka, inkazimulo kaJehova ka-Israyeli yavela ngasempumalanga, izwi lakhe lalinjengokuholoba kwamanzi amaningi, umhlaba wakhanya ngenkazimulo yakhe.

[3] Kwaba njengesimo sombono engawubonayo, yebo, njengombono engawubona lapho ngeza ukuwuchitha umuzi; imibono yayinjengombono engawubona ngasemfuleni iKhebari; ngawa ngobuso bami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Inkazimulo kaJehova yangena endlini ngendlela yesango elibheke ngasempumalanga.

5 UMoya wangiphakamisa, wangingenisa egcekeni elingaphakathi; bheka, inkazimulo kaJehova yayigcwalisa indlu.

6 Ngase ngizwa okhuluma kimi ephakathi kwendlu; kwakumi umuntu eceleni kwami.

7 Wathi kimi: Ndodana yomuntu, lokhu kuyindawo yesihlalo sami sobukhosi, nendawo yamathe ezinyawo zami, lapho ngiyakuhlala khona phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli kuze kube phakade; indlu yakwa-Israyeli ayisayikulingcolisa igama lami elingcwele, yona namakhosi ayo, ngokuphinga kwayo nangezidumbu zamakhosi ayo ezindaweni zayo eziphakemeyo,

8 bebeka umbundu wabo ngasembundwini wami, nensika yabo yomnyango eceleni kwensika yami, kube ludonga kuphela phakathi kwami nabo, belingcolisa igama lami elingcwele ngezinengiso zabo abazenzileyo, okungalokho ngabaqeda ngolaka lwami.

9 Manje mabadedisele kude nami ukuphinga kwabo, nezidumbu zamakhosi abo, ngihlale phakathi kwabo kuze kube phakade.

10 Wena ndodana yomuntu, bonisa abendlu yakwa-Israyeli le ndlu ukuba babe namahloni ngobubi babo, balinganise isimo sayo.

11 Uma benamahloni ngakho konke abakwenzileyo, mawubazise isimo sendlu, nokubonakala kwayo, nezindawo zayo zokuphuma, nezindawo zayo zokungena, yebo, sonke isimo sayo kanye nazo zonke izimiso zayo, nazo zonke izimo zazo kanye nayo yonke imithetho yayo, ukulobe emehlweni abo ukuba bagcine sonke isimo sayo nazo zonke izimiso zayo, bazenze.

### Inkonzo yethempeli elisha

12 Nanku umthetho wendlu: esiqongweni sentaba wonke umkhawulo wayo nxazonke uyakuba ngcwele kakhulu. Bheka, lokhu kungumthetho wendlu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Lezi zaziyizilinganiso ze-altare ngezingalo, ingalo iyingalo nobubanzi
besandla: isinqe sasiyingalo ukuphakama kwaso, nobubanzi buyingalo;
umncele walo ngaseceleni kwalo nxazonke wawunjengokudazuluka
kweminwe; lokhu kwakungukuphakama kwe-altare;

14kusukela esinqeni emhlabathini kuze kube sonqenqemeni oluphansi
kwakuyizingalo ezimbili, ububanzi buyingalo; kusukela onqenqemeni
oluncane kuze kube sonqenqemeni olukhulu kwakuyizingalo ezine, ububanzi
buyingalo.

15I-altare laliyizingalo ezine; kusukela e-altare kuya phezulu kwakukhona
izimpondo ezine.

16I-altare, ubude balo babuyizingalo eziyishumi nambili, ububanzi balo
buyizingalo eziyishumi nambili, linezinhlangothi ezine ezilingeneyo.

17Unqenqema, ubude balo, babuyizingalo eziyishumi nane, ububanzi balo
bungeziyishumi nane ezinhlangothini zalo zozine; umncele nxazonke kwalo
wawuyinxenye yengalo; isinqe salo sasiyingalo nxazonke, izinyathelo zalo
zibheke ngasempumalanga.

18Wayesethi kimi: Ndodana yomuntu, isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Nazi
izimiso ze-altare mhla beyakulenza ukuba bashise umnikelo wokushiswa
phezu kwalo, balifafaze ngegazi.

19Uyakunika abapristi bamaLevi abozalo lukaSadoki, abaseduze kimi, isho
iNkosi uJehova, ukuba bangikhonze, iduna libe ngumnikelo wesono.

20 Uyakuthatha okwegazi layo, ulibhece ezimpondweni zalo zozine,
nasemagumbini omane onqenqema, nasemnceleni nxazonke, ulihlambulule,
ulenzele ukubuyisana.

21 Uyakuthatha inkunzi yomnikelo wesono, ishiswe endaweni yendlu
emiselweyo ngaphandle kwendlu engcwele.

22 Ngosuku lwesibili uyakunikela ngempongo engenasici, ibe ngumnikelo
wesono; bayakuhlambulula i-altare njengokulihlambulula ngenkunzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Lapho usuqede ukulihlambulula, uyakunikela ngeduna elingenasici nangenqama yezimvu engenasici.

24 Uyakukusondeza phambi kukaJehova, abapristi bathele usawoti kukho, banikele ngakho, kube ngumnikelo wokushiswa kuJehova.

25 Izinsuku eziyisikhombisa uyakulungisa imihla yonke impongo ibe ngumnikelo wesono, kulungiswe neduna nenqama yezimvu, okungenasici.

26Izinsuku eziyisikhombisa bayakwenzela i-altare ukubuyisana, balihlambulule, balingcwelise.

27 Lapho seziphelile izinsuku, kuyakuba ngosuku lwesishiyagalombili naphambili ukuba abapristi bayilungise iminikelo yenu yokushiswa e-altare neminikelo yenu yokuthula, nginamukele, isho iNkosi uJehova.

**UHezekeli 44**

1Wayesengibuyisa ngendlela yesango elingaphandle lendlu engcwele, elibheke ngasempumalanga.

2 UJehova wathi kimi: Leli sango liyakuvalwa, aliyikuvulwa, akuyikungena muntu ngalo, ngokuba uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ungenile ngalo; liyakuhlala livaliwe.

3Kepha isikhulu, siyisikhulu, siyakuhlala kulo, sidle phambi kukaJehova; siyakungena ngendlela yompheme wesango, siphume ngendlela yawo futhi.

4Wayesengiyisa ngaphambi kwendlu ngendlela yesango lasenyakatho; ngabuka, bheka, inkazimulo kaJehova yagcwalisa indlu kaJehova, ngawa ngobuso bami.

5UJehova wathi kimi: Ndodana yomuntu, beka inhliziyo yakho, ubone ngamehlo akho, uzwe ngezindlebe zakho konke engikukhuluma kuwe ngazo zonke izimiso zendlu kaJehova nangayo yonke imithetho yayo, uqaphele indawo yendlu yokungena nazo zonke izindawo zokuphuma zendlu engcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Uyakusho kuyo indlu ehlubukileyo yakwa-Israyeli, uthi: Isho kanje iNkosi
uJehova, ithi: Nina ndlu yakwa-Israyeli, mazanele kini zonke izinengiso zenu,

7 lokhu ningenisile abezizwe abangasokile ngenhliziyo nabangasokile
ngenyama ukuba babe sendlini yami engcwele, bayingcolise indlu yami,
lapho ninikela ngesinkwa sami, nangamanoni, nangegazi, naphula
isivumelwano sami ngazo zonke izinengiso zenu.

8 Anigcinanga inkonzo yezinto zami ezingcwele, kepha nibeke
abayakunigcinela inkonzo endlini yami engcwele.

9 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Akuyikungena endlini yami engcwele
owezizwe ongasokile ngenhliziyo nongasokile ngenyama kubo bonke
abezizwe abaphakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

10 Kepha amaLevi adeda kude nami lapho u-Israyeli eduka, eduka elandela
izithombe zawo, ayakuthwala ububi bawo,

11 abe yizikhonzi endlini yami engcwele, abonise amasango endlu, akhonze
endlini, ahlabe iminikelo yokushiswa nemihlatshelo yabantu, eme phambi
kwabo ukuba abakhonze.

12 Ngokuba ebebakhonza phambi kwezithombe zabo, aba yisikhubekiso
sobubi kuyo indlu yakwa-Israyeli, ngalokho ngiphakamisile isandla sami
kuwo, isho iNkosi uJehova, athwale ububi bawo.

13 Awayikusondela kimi abe ngabapristi kimi, angasondeli nasezintweni zami
ezingcwele, izinto ezingcwele kakhulu, kepha ayakuthwala ihlazo lawo
nezinengiso zawo azenzileyo.

14 Yebo, ngiyakuwabeka abagcini benkonzo yendlu emsebenzini wonke wayo
kukho konke okuyakwenziwa kuyo.

15 Kepha abapristi bamaLevi, amadodana kaSadoki, ababegcina inkonzo
yendlu yami engcwele lapho abantwana bakwa-Israyeli beduka kimi,
bayakusondela kimi, bangikhonze, beme phambi kwami, banikele kimi
ngamanoni nangegazi, isho iNkosi uJehova;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

16 bayakungena endlini yami engcwele, basondele etafuleni lami ukuba bangikhonze, bagcine inkonzo yami.

17 Kuyakuthi lapho bengena emasangweni egceke elingaphakathi, bembathiswe izambatho zelineni, uboya bezimvu bungabathinti, lapho bekhonza emasangweni egceke elingaphakathi nasendlini.

18 Bayakuba nezigqoko zelineni emakhanda abo, babe namabhulukwe elineni okhalweni lwabo, bangabhinci okujulukisayo.

19 Lapho bephumela egcekeni elingaphandle, igceke elingaphandle labantu, bayakukhumula izambatho zabo abakhonza ngazo, bazibeke emakamelweni angcwele, bembathe ezinye izingubo, funa bangcwelise abantu ngezambatho zabo.

20 Abayikuphucula amakhanda abo, bangavumi izihluthu zabo zibe zide, kepha bayakugunda amakhanda abo.

21 Akuyikuphuza iwayini noyedwa umpristi, lapho bengena egcekeni elingaphakathi.

22 Abayikuthatha umfelokazi nolahliweyo babe ngabafazi babo, kepha bathathe izintombi zozalo lwendlu yakwa-Israyeli, noma umfelokazi ongumfelokazi wompristi.

23 Bayakufundisa abantu bami ukwahlukanisa okungcwele nokuyichilo, benze umahluko phakathi kokungcolileyo nokuhlambulukileyo.

24 Ekuphikisaneni bayakuma ukwahlulela, bakwahlulele njengezahlulelo zami, bagcine imithetho yami nezimiso zami emikhosini yonke yami, balingcwelise isabatha lami.

25 Abayikuthinta ofileyo, funa bazingcolise, kepha ngoyise, nangonina, nangendodana, nangendodakazi, nangomfowabo, nangodadewabo ongenandoda bangazingcolisa.

26 Nxa esehlambulukile, uyakubalelwa izinsuku eziyisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Ngosuku angena ngalo endlini engcwele egcekeni elingaphakathi ukuyokhonza endlini engcwele, uyakunikela ngomnikelo wakhe wesono, isho iNkosi uJehova.

28 Bayakuba nefa; mina ngiyifa labo; aniyikubanika imfuyo kwa-Israyeli; mina ngiyimfuyo yabo.

29 Bayakudla umnikelo wempuphu, nomnikelo wesono, nomnikelo wecala, konke okwahlukanisiweyo kwa-Israyeli kube ngokwabo.

30 Lonke ulibo lokuqala lwakho konke nayo yonke iminikelo yakho konke eminikelweni yenu yonke kuyakuba ngokwabapristi, nimnike umpristi ulibo lomgqakazo wenu ukuhlalisa isibusiso phezu kwendlu yakho.

31 Abapristi abayikudla okuzifeleyo nokudweshuliweyo, noma ezinyonini noma ezinkomeni.

## UHezekeli 45

1 Kuyakuthi ekwahlukanisweni kwezwe ngenkatho libe ngamafa, ninikele kuJehova ngomnikelo, okungcwele kwezwe, ubude bube ngubude bezinhlanga eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu, ububanzi bube yizinkulungwane eziyishumi, kube ngcwele emikhawulweni yonke nxazonke.

2 Kulokhu kuyakuba ngokwendlu engcwele okubude bakho bungezamakhulu ayisihlanu nokobubanzi bakho bungamakhulu ayisihlanu, kunezinhlangothi ezine nxazonke, nezingalo ezingamashumi ayisihlanu zibe ngezamadlelo akho nxazonke.

3Kuso lesi silinganiso uyakulinganisa ubude obuyizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu nobubanzi obuyizinkulungwane eziyishumi, kube yindawo engcwele kakhulu.

4Kungokungcwele kwezwe, kungokwabapristi, izikhonzi zendlu engcwele ezisondela ukumkhonza uJehova, kube yindawo yezindlu zabo nendawo engcwele yendlu engcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ubude nezinkulungwane eziyishumi ububanzi ziyakuba ngezamaLevi, izikhonzi zendlu, zibe yifa lawo lemizi ukuhlala kuyo.

6 Niyakunika umuzi ifa lezinkulungwane eziyisihlanu ububanzi nezinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ubude eceleni komnikelo wokungcwele, libe ngelendlu yonke yakwa-Israyeli.

7 Okungokwesikhulu kuyakuba ngalapha nangalapha komnikelo wokungcwele nefa lomuzi, phambi komnikelo wokungcwele naphambi kwefa lomuzi, ngasohlangothini lwasentshonalanga kubheke entshonalanga, nangasohlangothini lwasempumalanga kubheke empumalanga, ngobude kulingane nesinye sezabelo zezizwe, kusukela emkhawulweni wasentshonalanga kuze kube semkhawulweni wasempumalanga.

8Kuyakuba yifa laso ezweni lakwa-Israyeli, izikhulu zami zingasacindezeli abantu bami, kepha zinike indlu yakwa-Israyeli njengezizwe zayo.

9 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Makwanele kini nina zikhulu zakwa-Israyeli; susani ubudlova nokuphanga, nenze ukwahlulela nokulunga, niyeke ukuxosha abantu bami, isho iNkosi uJehova.

10Niyakuba nezilinganiso ezilungileyo, ne-efa elilungileyo, nebhati elilungileyo.

11I-efa nebhati kuyakuba yisilinganiso sinye, ukuze ibhati lifumbathe okweshumi kwehomere, ne-efa okweshumi kwehomere, isilinganiso salo sibe ngokwehomere.

12 Ishekeli liyakuba ngamagera angamashumi amabili; amashekeli angamashumi amabili, namashekeli angamashumi amabili nanhlanu, namashekeli ayishumi nanhlanu ayakuba yimane kini.

13 Lokhu kungumnikelo eniyakunikela ngawo: inxenye yesithupha ye-efa lehomere likakolweni nenxenye yesithupha ye-efa lehomere lebhali,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[14]namafutha anqunyiweyo, ibhati lamafutha: inxenye yeshumi yebhati lekhori elingamabhati ayishumi njengehomere, ngokuba amabhati ayishumi ayihomere,

[15]newundlu linye ezimvini ezingamakhulu amabili zasemadlelweni anamanzi akwa-Israyeli, libe ngumnikelo wempuphu, nomnikelo wokushiswa, nomnikelo wokuthula ukubenzela ukubuyisana, isho iNkosi uJehova.

[16]Bonke abantu bezwe bayakuba kulo mnikelo wesikhulu sakwa-Israyeli.

[17]Kuyakuba phezu kwesikhulu ukunikela ngeminikelo yokushiswa, nangeminikelo yempuphu, nangeminikelo yokuphuzwa emikhosini, nasekwethwaseni kwenyanga, nangamasabatha emikhosini yonke emisiweyo yendlu yakwa-Israyeli, silungise umnikelo wesono, nomnikelo wempuphu, nomnikelo wokushiswa, neminikelo yokuthula ukwenzela indlu yakwa-Israyeli ukubuyisana.

[18] Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngenyanga yokuqala, ngolokuqala lwenyanga, uyakuthatha inkunzi, iduna elingenasici, uhlambulule indlu engcwele.

[19]Umpristi uyakuthatha kulo igazi lomnikelo wesono, alibhece ezinsikeni zendlu, nasemagumbini omane onqenqema lwe-altare, nasezinsikeni zesango legceke elingaphakathi.

[20]Uyakwenze njalo ngolwesikhombisa lwenyanga ngaye wonke umuntu odukayo nongenalwazi, nenzele indlu ukubuyisana.

[21] Ngenyanga yokuqala, ngosuku lweshumi nane lwenyanga, niyakuba nephasika, umkhosi wezinsuku eziyisikhombisa, kudliwe isinkwa esingenamvubelo.

[22] Ngalolo suku isikhulu siyakuzilungisela sona nabantu bonke bezwe inkunzi ibe ngumnikelo wesono.

[23]Izinsuku eziyisikhombisa zomkhosi siyakulungisela uJehova umnikelo wokushiswa, izinkunzi eziyisikhombisa nezinqama eziyisikhombisa

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ezingenasici imihla ngemihla ngalezo zinsuku eziyisikhombisa, kanye nempongo imihla ngemihla ibe ngumnikelo wesono.

24 Siyakulungisela inkunzi umnikelo wempuphu, i-efa, ne-efa ngenqama, nehini lamafutha nge-efa.

25 Ngenyanga yesikhombisa ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga emkhosini siyakwenza okunjengalezo zinsuku eziyisikhombisa, kunjengomnikelo wesono, nomnikelo wokushiswa, nomnikelo wempuphu, namafutha.

**UHezekeli 46**

1 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Isango legceke elingaphakathi, elibheke ngasempumalanga liyakuvalwa izinsuku eziyisithupha zokusebenza, kepha ngosuku lwesabatha liyakuvulwa, livulwe futhi nangosuku lokwethwasa kwenyanga.

2 Isikhulu siyakungena ngendlela yompheme wesango ngaphandle, sime ngasensikeni yesango, abapristi balungise umnikelo waso wokushiswa neminikelo yaso yokuthula, sikhuleke ngasembundwini wesango; bese siphuma, kepha isango aliyikuvalwa kuze kube kusihlwa.

3 Abantu bayakukhuleka esivalweni salelo sango phambi kukaJehova ngamasabatha nangokwethwasa kwenyanga.

4 Umnikelo wokushiswa isikhulu esiyakunikela ngawo kuJehova ngosuku lwesabatha uyakuba ngamawundlu ayisithupha angenasici nenqama engenasici;

5 umnikelo wempuphu uyakuba yi-efa ngenqama, umnikelo wempuphu owamawundlu ube njengamandla aso, kube yihini lamafutha nge-efa.

6 Ngosuku lokwethwasa kwenyanga kube yiduna elingenasici, namawundlu ayisithupha, nenqama, okungenasici.

7 Siyakulungisa umnikelo wempuphu: i-efa ngenkunzi ne-efa ngenqama, ngamawundlu kube njengamandla aso, kube yihini lamafutha nge-efa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Lapho isikhulu singena, siyakungena ngendlela yompheme wesango,
siphume futhi ngendlela yawo.

9Kepha lapho abantu bezwe bengena phambi kukaJehova emikhosini
emisiweyo, ongena ngendlela yesango lasenyakatho ukuyokhuleka
uyakuphuma ngendlela yesango laseningizimu; ongena ngendlela yesango
laseningizimu uyakuphuma ngendlela yesango lasenyakatho; kayikubuya
ngendlela yesango angene ngalo, kepha kuyakuphunywa kwelimalungana
nalo.

10Ekungeneni kwabo isikhulu siyakuhamba phakathi kwabo; ekuphumeni
bayakuphuma kanyekanye.

11 Emikhosini nasemihlanganweni umnikelo wempuphu uyakuba yi-efa
ngenkunzi ne-efa ngenqama, ngamawundlu ube njengamandla aso, kube
yihini lamafutha nge-efa.

12Lapho isikhulu siyakulungisa umnikelo wesihle, umnikelo wokushiswa
neminikelo yokuthula ibe ngumnikelo wesihle kuJehova, siyakuvulelwa
isango elibheke ngasempumalanga, silungise umnikelo waso wokushiswa
neminikelo yaso yokuthula njengokwenza kwaso ngosuku lwesabatha, bese
siphuma; nalapho sesiphumile, isango liyakuvalwa.

13 Uyakulungisa iwundlu elinomnyaka munye elingenasici libe ngumnikelo
wokushiswa kuJehova imihla ngemihla, ulilungise ekuseni njalo.

14Uyakuwulungisela umnikelo wempuphu ekuseni njalo, inxenye yesithupha
ye-efa nenxenye yesithathu yehini lamafutha ukugcoba impuphu ecolekileyo,
kube ngumnikelo wempuphu kuJehova njalonjalo ngesimiso esiphakade.

15Bayakulungisa-ke iwundlu, nomnikelo wempuphu, namafutha ekuseni
njalo, kube ngumnikelo wokushiswa imihla yonke.

16 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Uma isikhulu sinika enye yamadodana aso
isipho, kuyifa layo, yimfuyo yayo ngokobufa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[17]Kepha uma sinika enye yezinceku zaso isipho sasefeni laso, siyakuba ngesayo kuze kube semnyakeni wokukhululeka, bese sibuyela esikhulwini; kepha ifa laso liyakuba ngelamadodana aso.

[18] Isikhulu asiyikuthatha efeni labantu ukubaphuca imfuyo yabo; sithatha emfuyweni yaso siyakuwanika amadodana aso ifa ukuze abantu bami bangahlukani, kube yilowo nalowo nemfuyo yakhe.

[19]Wayesengingenisa ngendawo yokungena eseceleni kwesango emakamelweni angcwele abapristi, abheke ngasenyakatho; bheka, kwakukhona lapho indawo ngasemuva ngasentshonalanga.

[20]Wathi kimi: Nansi indawo lapho abapristi beyakuphekela khona umnikelo wecala nomnikelo wesono, nalapho beyakwenza khona umnikelo wempuphu, ukuze bangawuphumiseli egcekeni elingaphandle, bangcwelise abantu.

[21]Wayesengiphumisela egcekeni elingaphandle, wangidlulisa ezingosini zozine zegceke; bheka, ezingosini zonke zegceke kwakukhona ibala.

[22]Ezingosini zozine zegceke kwakukhona amabala ahlukanisiweyo, ubude buyizingalo ezingamashumi amane, nobubanzi bungezingamashumi amathathu; lawa omane asezingosini ayeyisilinganiso sinye.

[23]Phakathi kwawo nxazonke, nxazonke zawo omane, kwakukhona ugange olwenziwe lunamaziko phansi ogangeni nxazonke.

[24]Wathi kimi: Nazi izindlu zokuphekela izikhonzi zendlu eziyakuphekela kuzo imihlatshelo yabantu.

## UHezekeli 47

### Amanzi asethempelini

[1] Wayesengibuyisela emnyango wendlu; bheka, amanzi aphuma phansi kombundu wendlu ngasempumalanga, ngokuba ubuso bendlu babungasempumalanga; amanzi ehla evela phansi, ohlangothini lokunene lwendlu, ngaseningizimu kwe-altare.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Wayesengiphumisa ngendlela yesango ngasenyakatho, wangizungezisa
ngendlela engaphandle esangweni elingaphandle, elibheke endleleni
yasempumalanga; bheka, kwampompoza amanzi ohlangothini lokunene.

3Lapho umuntu esephuma, eya ngasempumalanga, enomucu wokulinganisa
esandleni sakhe, walinganisa izingalo eziyinkulungwane, wangidabulisa
emanzini, amanzi efinyelela emaqakaleni.

4Wabuye walinganisa inkulungwane, wangidabulisa emanzini, amanzi
efinyelela emadolweni. Walinganisa futhi inkulungwane, wangidabulisa,
amanzi efinyelela okhalweni.

5Wayesebuye walinganisa inkulungwane; kwakungumfula
engingenakuwudabula, ngokuba amanzi ayekhulile, angamanzi okuhlamba,
angumfula ongenakudatshulwa.

6Wathi kimi: Ndodana yomuntu, usubonile na? Wayesengihambisa,
wangibuyisela osebeni lomfula.

7Sengibuyile, bheka, kwakukhona imithi eminingi kakhulu osebeni lomfula,
ngalapha nangalapha.

8Wayesethi kimi: Lawa manzi aphumela esifundeni sasempumalanga, ehlele
e-Araba, aye elwandle, aye elwandle lana aphunyisiweyo, kuphiliswe amanzi
alo.

9Kuyakuthi konke okuphilayo okuswebezelayo kuphile ezindaweni zonke
lapho ifika khona leyo mifula emibili, kube yizinhlanzi eziningi kakhulu,
ngokuba esefike khona lawa manzi, awolwandle ayakuphiliswa, kuphile
konke, lapho umfula ufika khona.

10Kuyakuthi kume kuwo abadobi kusukela e-Eni Gedi kuze kube se-
Enegelayimi, kube ngokokwenekwa kwamanetha; kuyakuba khona izinhlanzi
ngezinhlobo zazo njengezinhlanzi zoLwandle Olukhulu, zibe ziningi kakhulu.

11Kepha amaxhaphozi alo nezimbuku zalo akuyikuphiliswa; kuyakunikelwa
kube ngusawoti.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngasemfuleni osebeni lwawo ngalapha nangalapha kuyakumila yonke
imithi edliwayo emaqabunga ayo angayikubuna, nezithelo zayo
zingayikuphela; iyakuthela ezintsha izinyanga zonke, ngokuba amanzi ayo
avela endlini engcwele; izithelo zayo ziyakuba ngukudla, amaqabunga ayo
abe ngawokuphilisa.

## Imikhawulo yezwe elingcwele

13 Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Nanku umkhawulo eniyakwahlukanisa
ngawo ifa lezwe ngokwezizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli, uJosefa abe
nezabelo ezimbili.

14 Niyakulidla, kube yilowo nalowo, ngokuba ngasiphakamisa isandla sami
ukulinika oyihlo; leli zwe liyakuba yifa lenu.

15 Nanku umkhawulo wezwe: ohlangothini lwasenyakatho, kusukela
eLwandle Olukhulu ngendlela yaseHetiloni kuze kube sekuyeni eSedadi,

16 naseHamati, naseBerotha, naseSibirayimi eliphakathi komkhawulo
waseDamaseku nomkhawulo waseHamati, naseHaseri eliphakathi
elingasemkhawulweni waseHawurana.

17 Umkhawulo osuka elwandle uyakuba yiHasari Enani ngasemkhawulweni
waseDamaseku, nasenyakatho ngasenyakatho umkhawulo uyiHamati. Lolu
luluhlangothi lwasenyakatho.

18 Uhlangothi lwasempumalanga, kusukela phakathi kweHawurana
neDamaseku, naphakathi kwelakwaGileyadi nezwe lakwa-Israyeli, luyakuba
yiJordani; lusukela kulo mkhawulo, luze lube selwandle lwasempumalanga
naseTamari. Lolu luluhlangothi lwasempumalanga.

19 Uhlangothi lwaseningizimu ngaseningizimu luyakusukela eTamari, luze
lube semanzini aseMeribati Kadeshi nasemfudlaneni ngaseLwandle Olukhulu.
Lolu luluhlangothi lwaseningizimu ngaseningizimu.

20 Uhlangothi lwasentshonalanga luyakuba luLwandle Olukhulu, kusukela
emkhawulweni kuze kuqondane nokuya eHamati. Lolu luluhlangothi
lwasentshonalanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Niyakuzahlukanisela leli zwe ngokwezizwe zakwa-Israyeli.

22Kuyakuthi nilahlukanise ngenkatho, libe yifa lenu nelabafokazi abagogobala phakathi kwenu nabazele abantwana phakathi kwenu. Bona bayakuba njengabokuzalwa ekhaya phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli, badle kanye nani ifa phakathi kwezizwe zakwa-Israyeli.

23Kuyakuthi esizweni lapho umfokazi egogobele khona, nimnike lapho ifa lakhe, isho iNkosi uJehova.

## UHezekeli 48

1 Nanka amagama ezizwe. Kusukela ekugcineni kwasenyakatho eceleni kwendlela yaseHetiloni kuze kube sekuyeni eHamati naseHasari Enani, emkhawulweni waseDamaseku ngasenyakatho, eceleni kweHamati, uDani uyakuba nesabelo, abe nohlangothi lwasempumalanga kuze kube sentshonalanga.

2 Ngasemkhawulweni wakwaDani, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, u-Asheri uyakuba nesabelo.

3 Ngasemkhawulweni wakwa-Asheri, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uNafetali uyakuba nesabelo.

4 Ngasemkhawulweni wakwaNafetali, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uManase uyakuba nesabelo.

5 Ngasemkhawulweni wakwaManase, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, u-Efrayimi uyakuba nesabelo.

6 Ngasemkhawulweni wakwa-Efrayimi, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uRubeni uyakuba nesabelo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Ngasemkhawulweni wakwaRubeni, kusukela ohlangothini
lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uJuda
uyakuba nesabelo.

8 Ngasemkhawulweni wakwaJuda, kusukela ohlangothini lwasempumalanga
kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, kuyakuba ngumnikelo
eniyakunikela ngawo, ububanzi bube yizingalo eziyizinkulungwane
ezingamashumi amabili nanhlanu, ubude bube njengesinye sezabelo,
kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini
lwasentshonalanga, indlu engcwele ibe phakathi naso.

9 Umnikelo eniyakunikela ngawo kuJehova uyakuba yizingalo
eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ubude, ububanzi bube
yizinkulungwane eziyishumi.

10Nanku umnikelo ongcwele: owabapristi uyakuba yizinkulungwane
ezingamashumi amabili nanhlanu ngasenyakatho, nangasentshonalanga
izinkulungwane eziyishumi ububanzi, nangasempumalanga izinkulungwane
eziyishumi ububanzi, nangaseningizimu izinkulungwane ezingamashumi
amabili nanhlanu ubude, indlu engcwele kaJehova ibe phakathi nawo.

11 Uyakuba ngowabapristi, abangcwelisiweyo bamadodana kaSadoki,
abagcine inkonzo yami; abadukanga lapho beduka abantwana bakwa-Israyeli,
njengalokho aduka amaLevi.

12Uyakuba kubo umnikelo womnikelo wezwe, into engcwelengcwele,
ngasemkhawulweni wamaLevi.

13 Maqondana nomkhawulo wabapristi amaLevi ayakuba nezinkulungwane
ezingamashumi amabili nanhlanu ubude nezinkulungwane eziyishumi
ububanzi, bonke ubude bube yizinkulungwane ezingamashumi amabili
nanhlanu, ububanzi bube yizinkulungwane eziyishumi.

14Abayikuthengisa ngawo, bangenani ngawo, bangahlukaniseli abanye ulibo
lwezwe, ngokuba lingcwele kuJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Izinkulungwane eziyisihlanu ezisele ebubanzini nezinkulungwane
ezingamashumi amabili nanhlanu zasebudeni ziyakuba ngezokungengcwele,
zibe ngezomuzi, ezokwakha nezamadlelo, umuzi ube phakathi nazo.

16Nazi izilinganiso zalo: uhlangothi lwasenyakatho yizinkulungwane ezine
namakhulu ayisihlanu, nohlangothi lwaseningizimu izinkulungwane ezine
namakhulu ayisihlanu, nasohlangothini lwasempumalanga izinkulungwane
ezine namakhulu ayisihlanu, nohlangothi lwasentshonalanga izinkulungwane
ezine namakhulu ayisihlanu.

17Umuzi uyakuba namadlelo: ngasenyakatho ngamakhulu amabili
namashumi ayisihlanu, nangaseningizimu amakhulu amabili namashumi
ayisihlanu, nangasempumalanga amakhulu amabili namashumi ayisihlanu,
nangasentshonalanga amakhulu amabili namashumi ayisihlanu.

18Okusele ebudeni maqondana nomnikelo ongcwele kuyakuba
yizinkulungwane eziyishumi ngasempumalanga, nezinkulungwane eziyishumi
ngasentshonalanga, kuqondane nomnikelo ongcwele, izithelo zawo zibe
ngukudla kwabasebenza emzini.

19Abasebenza emzini bayakuwulima, bevela ezizweni zonke zakwa-Israyeli.

20Wonke umnikelo uyakuba yizinkulungwane ezingamashumi amabili
nanhlanu nezinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu, ninikele
ngomnikelo ongcwele, unezinhlangothi ezine kanye nefa lomuzi.

21 Okuseleyo kuyakuba ngokwesikhulu ngalapha nangalapha komnikelo
ongcwele nefa lomuzi maqondana nezinkulungwane ezingamashumi amabili
nanhlanu zomnikelo ngasemkhawulweni wasempumalanga,
nasentshonalanga maqondana nezinkulungwane ezingamashumi amabili
nanhlanu ngasemkhawulweni wasentshonalanga, kuqondane nezabelo, kube
ngokwesikhulu; umnikelo ongcwele nendlu engcwele kube phakathi nakho.

22Okusukela efeni lamaLevi nasefeni lomuzi kuyakuba phakathi
kokwesikhulu, okwesikhulu kube phakathi komkhawulo wakwaJuda
nomkhawulo wakwaBenjamini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Izizwe eziseleyo-ke: kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga uBenjamini uyakuba nesabelo.

24 Ngasemkhawulweni wakwaBenjamini, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uSimeyoni uyakuba nesabelo.

25 Ngasemkhawulweni wakwaSimeyoni, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, u-Isakare uyakuba nesabelo.

26 Ngasemkhawulweni wakwa-Isakare, kusukela ohlangothini lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga, uZebuloni uyakuba nesabelo.

27 Ngasemkhawulweni wakwaZebuloni, kusukela ohlangothi lwasempumalanga kuze kube sohlangothini lwasentshonalanga uGadi uyakuba nesabelo.

28 Ngasemkhawulweni wakwaGadi, ohlangothini lwaseningizimu ngaseningizimu, umkhawulo uyakusuka eTamari kuze kube semanzini aseMeribati Kadeshi nasemfudlaneni, ngaseLwandle Olukhulu.

29 Yilo leli zwe eniyakulahlukanisa ngenkatho, libe yifa lezizwe zakwa-Israyeli; yilezi izabelo zazo, isho iNkosi uJehova.

### Amasango omuzi

30 Nanka amacele omuzi: kusukela ohlangothini lwasenyakatho yizingalo eziyizinkulungwane ezine namakhulu ayisihlanu ngokulinganisa.

31 Amasango omuzi ayakubizwa ngamagama ezizwe zakwa-Israyeli, amasango amathathu abe ngasenyakatho: elinye yisango lakwaRubeni, elinye yisango lakwaJuda, elinye yisango lakwaLevi.

32 Nasohlangothini lwasempumalanga yizingalo eziyizinkulungwane ezine namakhulu ayisihlanu, namasango amathathu: elinye yisango lakwaJosefa, elinye yisango lakwaBenjamini, elinye yisango lakwaDani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33 Nasohlangothini lwaseningizimu yizingalo eziyizinkulungwane ezine
namakhulu ayisihlanu ngokulinganisa, namasango, amathathu: elinye
yisango lakwaSimeyoni, elinye yisango lakwa-Isakare, elinye yisango
lakwaZebuloni.

34 Ohlangothini lwasentshonalanga yizingalo eziyizinkulungwane ezine
namakhulu ayisihlanu, namasango azo amathathu: elinye yisango lakwaGadi,
elinye yisango lakwa-Asheri, elinye yisango lakwaNafetali.

35 Nxazonke kuyakuba yizingalo eziyizinkulungwane eziyishumi
nesishiyagalombili. Igama lomuzi kusukela kulolu suku liyakuthiwa
UJEHOVA ULAPHA.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# UDaniyeli

## UDaniyeli 1

### Ukuthunjwa nokufundiswa kukaDaniyeli nabangane bakhe

1 Ngomnyaka wesithathu wokubusa kukaJehoyakimi, inkosi yakwaJuda, kwafika uNebukadinesari, inkosi yaseBabele, eJerusalema, walivimbezela.

2 INkosi yanikela esandleni sakhe uJehoyakimi, inkosi yakwaJuda, nenxenye yezitsha zendlu kaNkulunkulu, waziyisa ezweni laseShineyari endlini kankulunkulu wakhe, waziyisa izitsha endlini yengcebo kankulunkulu wakhe.

3 Inkosi yakhuluma ku-Ashipenazi, induna yabathenwa bayo, ukuba athathe kubantwana bakwa-Israyeli abozalo lwenkosi nezikhulu, abalethe,

4abafana abangenasici, ababukeka kahle, abanengqondo ekuhlakanipheni konke, abanolwazi ekwazini, abanokuqonda ekwazini, abanamandla ukukhonza endlini yenkosi, abafundise izincwadi nolimi lwamaKaledi.

5Inkosi yabamisela isabelo semihla ngemihla sokudla kwenkosi nesewayini eliphuzayo, bondliwe iminyaka emithathu; kuyakuthi ngasekugcineni kwayo beme phambi kwenkosi.

6Kulabo kwakukhona kubantwana bakwaJuda oDaniyeli, noHananiya, noMishayeli, no-Azariya.

7 Induna yabathenwa yabetha amagama; uDaniyeli yametha ngokuthi uBeliteshasari, noHananiya uShadiraki, noMishayeli uMeshaki, no-Azariya u-Abedi Nego.

8Kepha uDaniyeli wazimisela enhliziyweni yakhe ukuba angazingcolisi ngesabelo sokudla kwenkosi nangewayini eliphuzayo; wayesecela enduneni yabathenwa ukuba angazingcolisi.

9 UNkulunkulu wamnika uDaniyeli ukuba athole umusa nobumnene emehlweni enduna yabathenwa.

10Induna yabathenwa yathi kuDaniyeli: Mina ngiyesaba ukuthi inkosi yami, inkosi, emisile ukudla kwenu nokuphuza kwenu, iyakubona ubuso benu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ukuba buxhozekile kunabafana abayintanga yenu, nilifake engozini ikhanda lami enkosini.

11Wayesethi uDaniyeli encekwini, induna yabathenwa ebiyibeke phezu koDaniyeli, noHananiya, noMishayeli, no-Azariya:

12 Ake ulinge izinceku zakho izinsuku eziyishumi, basiphe imifino yokudla namanzi okuphuza.

13Bese bubekwa ubuso bethu phambi kwakho kanye nobuso babafana abadla isabelo sokudla kwenkosi, wenze ezincekwini zakho njengokubona kwakho.

14Yabalalela kule nto, yabalinga izinsuku eziyishumi.

15Ngasekugcineni kwezinsuku eziyishumi ubuso babo babonakala bubuhle, babekhuluphele emzimbeni kunabo bonke abafana ababedla isabelo sokudla kwenkosi.

16Inceku yayisisusa isabelo sokudla newayini lokuphuza, yabapha imifino.

17Laba bafana abane uNkulunkulu wabanika ukwazi nokuqonda encwadini nasekuhlakanipheni; uDaniyeli wayenengqondo kuyo yonke imibono namaphupho.

18Ngasekugcineni kwezinsuku inkosi eyayishilo ukuthi bazakungeniswa ngazo, induna yabathenwa yabangenisa phambi kukaNebukadinesari.

19Inkosi yakhuluma nabo; phakathi kwabo bonke akufunyaniswanga muntu onjengoDaniyeli, noHananiya, noMishayeli, no-Azariya; base bemi ngaphambi kwenkosi.

20Ezintweni zonke zokuhlakanipha nezokuqonda inkosi eyayibabuza ngazo yabafumanisa bedlula kayishumi zonke izanusi nabathwebulayo ababesembusweni wayo wonke.

21 UDaniyeli wayekhona kwaze kwaba ngumnyaka wokuqala kaKoresi inkosi.

## UDaniyeli 2

### Iphupho likaNebukadinesari

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Ngomnyaka wesibili wokubusa kukaNebukadinesari uNebukadinesari waphupha amaphupho; umoya wakhe wakhathazeka, nobuthongo bakhe bambalekela.

2 Yayisiyaleza inkosi ukuba kubizwe izanusi, nabathwebulayo, nabalumbi, namaKaledi ukuba bachazele inkosi amaphupho ayo. Bangena, bema phambi kwenkosi.

3 Inkosi yayisithi kubo: Ngiphuphe iphupho, umoya wami ukhathazekile ukulazi iphupho.

4 Ayesekhuluma amaKaledi enkosini ngesi-Aramu, athi: Mana njalo, nkosi; yisho ezincekwini zakho iphupho, thina sibonise incazelo.

5 Inkosi yaphendula, yathi kumaKaledi: Izwi liphumile kimi lokuthi uma ningazisi iphupho nencazo yalo, niyakuhlahlelwa, izindlu zenu zibe yiquba.

6 Kepha uma nibonisa iphupho nencazo yalo, niyakwamukela kimi izipho nemivuzo nodumo olukhulu; ngalokho ngiboniseni iphupho nencazo yalo.

7 Abuye aphendula, athi: Inkosi mayisho iphupho ezincekwini zayo, thina sibonise incazelo.

8 Inkosi-ke yaphendula yathi: Ngiyazi impela ukuthi niyazenzela isikhathi, ngokuba nibona ukuthi izwi liphumile kimi

9 lokuthi uma ningangazisi iphupho, umthetho munye nje ngani, ngokuba nilungisile amazwi amanga nawonakeleyo okukhuluma phambi kwami, kuze kuguquke isikhathi: ngalokho ngitsheleni iphupho, ngize ngazi ukuthi ningangibonisa incazelo yalo.

10 AmaKaledi aphendula phambi kwenkosi, athi: Akukho muntu emhlabeni ongabonisa indaba yenkosi, ngokuba akukho nkosi, nanduna, nambusi owake wabuza indaba enjalo nakwesisodwa isanusi, nothwebulayo, naKaledi.

11 Futhi kuyinto elukhuni eyifunayo inkosi, kakho omunye ongayibonisa phambi kwenkosi ngaphandle kwawonkulunkulu abangahlali nabasenyameni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Ngalokho inkosi yathukuthela, yafutheka kakhulu, yayaleza ukuba kubhujiswe bonke abahlakaniphileyo baseBabele.

13Isimemezelo saphuma sokuthi abahlakaniphileyo babeyakubulawa; bamfuna uDaniyeli nabangane bakhe ukuba babulawe.

14Khona uDaniyeli wabuyisela impendulo ngokuhlakanipha nangokuqonda ku-Ariyoki induna yemilindankosi owayephumile ukubulala abahlakaniphileyo baseBabele;

15wathatha wathi ku-Ariyoki induna yenkosi: Siphumeleni enkosini lesi simemezelo esicindezelayo na? U-Ariyoki wayesemazisa uDaniyeli indaba.

16UDaniyeli wayesengena, wacela enkosini ukuba imnike isikhathi ukuze abonise inkosi incazelo.

17UDaniyeli wayeseya endlini yakhe, wazisa oHananiya, noMishayeli, no-Azariya, abangane bakhe, le ndaba

18ukuba bacele umusa kuNkulunkulu wasezulwini ngale mfihlakalo, ukuze uDaniyeli nabangane bakhe bangabhubhi kanye nabanye abahlakaniphileyo baseBabele.

19Khona yabonakaliswa imfihlakalo kuDaniyeli ngombono ebusuku. UDaniyeli wambonga uNkulunkulu wasezulwini.

20 UDaniyeli wathatha wathi: Malibongwe igama likaNkulunkulu kusukela kwaphakade kuze kube phakade, ngokuba ukuhlakanipha namandla kungokwakhe;

21 uyaguqula izikhathi nezinkathi; uyasusa amakhosi, abeke amakhosi; unika abahlakaniphileyo ukuhlakanipha, nokwazi kwabaqonda ukwazi;

22 uyambula okujulileyo nokufihlakeleyo; uyazi okusebumnyameni, nokukhanya kuhlezi kuye.

23Ngiyakubonga, ngikudumise wena Nkulunkulu wawobaba ongiphile ukuhlakanipha namandla, wangazisa esasikucela kuwe, ngokuba usazisile indaba yenkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Ngalokho uDaniyeli wangena ku-Ariyoki obemiswe yinkosi ukuba abhubhise abahlakaniphileyo baseBabele. Wahamba, washo kanje kuye, wathi: Ungababhubhisi abahlakaniphileyo baseBabele; ngingenise phambi kwenkosi, ngibonise inkosi incazelo.

25U-Ariyoki wayesesheshe ukumngenisa uDaniyeli phambi kwenkosi, washo kanje kuyo, wathi: Ngifumene umuntu wabathunjwa bakwaJuda oyakwazisa inkosi incazelo.

26 Inkosi yaphendula, yathi kuDaniyeli, ogama lakhe lalinguBeliteshasari: Ungangazisa iphupho engilibonileyo nencazo yalo na?

27UDaniyeli waphendula phambi kwenkosi, wathi: Imfihlakalo eyibuzayo inkosi, abahlakaniphileyo, nabathwebulayo, nezanusi, nabahlola imihlola, bangeyibonise yona inkosi.

28Kepha kukhona uNkulunkulu ezulwini owambula izimfihlakalo; wazisile inkosi uNebukadinesari okuyakuba khona ngezinsuku ezizayo. Iphupho lakho nemibono yekhanda lakho embhedeni wakho nakhu:

29 Wena-ke, nkosi, imicabango yakho yokuyakuba khona emva kwalokhu yafika kuwe usembhedeni wakho; owambula izimfihlakalo ukwazisile okuyakuba khona.

30 Mina-ke, akungokuhlakanipha enginakho kunabanye abakhona ukuthi le mfihlakalo yambuliwe kimi, kepha kungukuba inkosi yaziswe incazelo nokuba wazi imicabango yenhliziyo yakho.

31 Wena nkosi wabona, bheka, isithombe esikhulu. Lesi sithombe esasisikhulu nesikucwebezela kwaso kwakukuhle sema phambi kwakho, nesimo saso sasesabeka.

32Lesi sithombe-ke, ikhanda laso liyigolide elihle, isifuba saso nezingalo zaso kuyisiliva, isisu saso namathanga aso kuyithusi,

33imilenze yaso iyinsimbi, izinyawo zaso inxenye yinsimbi, inxenye yibumba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34Wawusubona ukuthi kwaqheshulwa itshe kungengazandla, lashaya isithombe ezinyaweni zaso eziyinsimbi nebumba, lazichoboza.

35Kwase kuchotshozwa kanyekanye insimbi, nebumba, nethusi, nesiliva, negolide, kwaba njengamakhoba ezibuya zasehlobo, kwasuswa ngumoya, akutholwanga ndawo; itshe elalisishaya isithombe laba yintaba enkulu, lawugcwalisa umhlaba wonke.

36 Yilelo iphupho; nencazo siyakuyisho phambi kwenkosi.

37 Wena nkosi uyinkosi yamakhosi onikwe umbuso, namandla, nodumo nguNkulunkulu wasezulwini.

38 Ezindaweni zonke lapho abantwana babantu behlezi khona, izilwane zasendle nezinyoni zezulu uzinikele esandleni sakho, wenze ukuba ubuse phezu kwazo zonke. Wena uyikhanda legolide.

39 Emva kwakho kuyakuvuka omunye umbuso omncane kunawe, nomunye umbuso wesithathu wethusi oyakubusa emhlabeni wonke.

40Umbuso wesine uyakuqina njengensimbi, ngokuba insimbi ichoboza, igxobe konke; nanjengensimbi ekwaphula konke lokhu, uyakugxoba, waphule.

41Njengalokho wabona izinyawo nezinzwani, inxenye iyibumba lombumbi, inxenye insimbi, uyakuba ngumbuso owahlukeneyo; kepha kuyakuba kuwo amandla ensimbi, njengokuba wabona insimbi ixubene nebumba lodaka.

42Njengalokho izinzwani zezinyawo zaziyinsimbi inxenye, nenxenye ibumba, umbuso uyakuba namandla nganxanye, ngakwenye inxenye ube buthakathaka.

43Njengalokho wabona insimbi ixubene nebumba lodaka, bayakuzixubanisa nenzalo yabantu, kepha abayikunamathelana omunye nomunye, njengokuba insimbi ingahlangani nebumba.

44 Ezinsukwini zalawo makhosi uNkulunkulu wasezulwini uyakumisa umbuso ongasoze wachithwa nobukhosi bawo bungayikushiyelwa kwabanye abantu, kepha uyakuchoboza, uqede yonke le mibuso, wona uqobo ume phakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

45Njengalokho wabona itshe ukuthi laqheshulwa entabeni kungengazandla, nokuthi lachoboza insimbi, nethusi, nebumba, nesiliva, negolide, uNkulunkulu omkhulu uyazisile inkosi okuyakuba khona emva kwalokhu; iphupho liqinisile, nencazo yalo iyiqiniso.

46 Inkosi uNebukadinesari yayisiwa ngobuso, yakhuleka kuDaniyeli, yayaleza ukuba banikele ngomnikelo nangempepho kuye.

47 Inkosi yamphendula uDaniyeli, yathi: Ngempela uNkulunkulu wakho unguNkulunkulu wawonkulunkulu, neNkosi yamakhosi, umambuli wezimfihlakalo, lokhu ubunamandla okubonakalisa le mfihlakalo.

48 Inkosi yamkhulisa uDaniyeli, yamupha izipho eziningi ezinkulu, yamenza ukuba abuse sonke isifunda saseBabele, abe ngumholi wababusi babahlakaniphileyo baseBabele.

49 UDaniyeli wacela enkosini, yabeka oShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego phezu kwezindaba zesifunda saseBabele, kepha uDaniyeli wayesesangweni lenkosi.

## UDaniyeli 3

### Isithando somlilo ovuthayo

1UNebukadinesari, inkosi, wenza isithombe segolide, ubude baso buyizingalo ezingamashumi ayisithupha, ububanzi baso buyizingalo eziyisithupha, wasibeka ethafeni laseDura esifundeni saseBabele.

2UNebukadinesari inkosi wayesethumela ukubutha izikhulu, nababusi, nezinduna, nabahluleli, nabaphathizikhwama, nabomkhandlu, nabameli, nabo bonke abaphathizifunda ukuba beze ekwahlukaniselweni kwesithombe uNebukadinesari inkosi asimisileyo.

3Khona izikhulu, nababusi, nezinduna, nabahluleli, nabaphathizikhwama, nabomkhandlu, nabameli, nabo bonke abaphathizifunda babuthelwa ukwahlukaniselwa kwesithombe uNebukadinesari inkosi abesimisile, bema phambi kwesithombe uNebukadinesari asimisileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Kwase kumemeza ummemezeli ngamandla, wathi: We nina bantu nezizwe, nezilimi, niyayalwa

5ukuba ngesikhathi enizwa ngaso ukukhala kwecilongo, negenkle, nehabhu, nomqangala, nogubhu, negemfe, nazo zonke izinhlobo zokubethwa, niwe phansi, nikhuleke esithombeni segolide uNebukadinesari inkosi asimisileyo.

6 Ongawi phansi, akhuleke, uyakuphonswa ngasona leso sikhathi phakathi kwesithando somlilo ovuthayo.

7Ngalokho lapho abantu bezwa ukukhala kwecilongo, negenkle, nehabhu, nomqangala, nogubhu, nazo zonke izinhlobo zokubethwa, bonke abantu, nezizwe, nezilimi bawa phansi, bakhuleka esithombeni segolide asimisileyo uNebukadinesari inkosi.

8Ngalokho kwasondela ngaleso sikhathi amadoda amaKaledi, ahleba abaJuda.

9 Athatha athi kuNebukadinesari inkosi: Mana njalo, nkosi.

10Wena nkosi ukhiphe isimemezelo sokuba bonke abantu abezwa ukukhala kwecilongo, negenkle, nehabhu, nomqangala, nogubhu, negemfe, nazo zonke izinhlobo zokubethwa bawe phansi, bakhuleke esithombeni segolide,

11nokuba ongawi phansi, akhuleke, aphonswe phakathi kwesithando somlilo ovuthayo.

12 Kukhona amadoda abaJuda owabeke phezu kwezindaba zesifunda saseBabele, oShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego; lawa madoda, nkosi, awakunakanga; awakhonzi onkulunkulu bakho, awakhuleki esithombeni segolide osimisileyo.

13Khona uNebukadinesari wayaleza ngolaka nangokufutheka ukuba kulethwe oShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego. Base beletha lawo madoda phambi kwenkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14UNebukadinesari wathatha wathi kuwo: Kungamabomu yini, Shadiraki, Meshaki, no-Abedi Nego ningakhonzi unkulunkulu wami, ningakhuleki esithombeni segolide engisimisileyo, na?

15Manje uma nilungele ukuba ngesikhathi enizwa ngaso ukukhala kwecilongo, negenkle, nehabhu, nomqangala, nogubhu, negemfe, nazo zonke izinhlobo zokubethwa, niwe phansi, nikhuleke esithombeni engisenzileyo, kuhle; kepha uma ningakhuleki, niyakuphonswa ngasona leso sikhathi phakathi kwesithando somlilo ovuthayo; ngumuphi lowo nkulunkulu oyakunikhulula ezandleni zami na?

16OShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego baphendula, bathi enkosini: Nebukadinesari, thina asidingi ukukuphendula kule ndaba.

17 Uma kunjalo, uNkulunkulu wethu esimkhonzayo unamandla okusikhulula esithandweni somlilo ovuthayo; yebo, uyakusikhulula esandleni sakho, nkosi.

18 Kepha noma kungenjalo, makwazeke kuwe nkosi ukuthi asiyikukhonza onkulunkulu bakho, ngeke sakhuleka esithombeni segolide osimisileyo.

19Khona uNebukadinesari wagcwala ukufutheka, nesimo sobuso bakhe saguquka ngenxa yoShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego; wakhuluma wayaleza ukuba isithando somlilo sishiswe kasikhombisa ngaphezu kwalokho okuke kwabonwa sishiswa ngakho.

20Wayeseyaleza amadoda anamandla asempini yakhe ukuba abophe oShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego, abaphonse esithandweni somlilo ovuthayo.

21Aboshwa-ke lawa madoda egqoke amayembe, namabhulukwe, nezigqoko, nezinye izingubo, aphonswa phakathi kwesithando somlilo ovuthayo.

22Ngalokho ngokuba isiyalezelo senkosi sasicindezele, nesithando somlilo sasishisa kakhulu, ilangabi lomlilo lawabulala lawo madoda abakhuphula oShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego.

23Kepha lawa madoda amathathu, oShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego, awela phansi eboshiwe phakathi nesithando somlilo ovuthayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Khona uNebukadinesari inkosi wethuka, wasuka wakhuluma, wathi kwabomkhandlu wakhe: Angithi siphonse amadoda amathathu eboshiwe phakathi komlilo na? Baphendula, bathi enkosini: Uqinisile, nkosi.

25Yaphendula yathi: Bhekani, ngibona amadoda amane akhululekileyo ehamba phakathi komlilo, awachithwanga; ukubonakala kweyesine kunjengendodana yawonkulunkulu.

26Wayesesondela uNebukadinesari emnyango wesithando somlilo ovuthayo; wakhuluma wathi: Shadiraki, Meshaki, no-Abedi Nego, nina zinceku zikaNkulunkulu oPhezukonke, phumani nize lapha. Base bephuma oShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego phakathi komlilo.

27Izikhulu, nababusi, nezinduna, nabomkhandlu wenkosi babuthana, babona lawo madoda ukuthi umlilo awubanga namandla emizimbeni yawo, kungahamukanga lunwele olulodwa emakhanda awo, engaguqukanga amayembe awo, lingasondelanga kuwo nephunga lomlilo.

28 UNebukadinesari wakhuluma wathi: Makabongwe uNkulunkulu wawoShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego, othumile ingelosi yakhe, wakhulula izinceku zakhe ebezimethemba, zaze zaguqula izwi lenkosi, zanikela imizimba yazo ukuba zingakhonzi, zingakhuleki kunkulunkulu noyedwa, uNkulunkulu wabo kuphela.

29 Ngalokho ngikhipha isimemezelo sokuba bonke abantu, nezizwe, nezilimi ezikhuluma okungafanele ngoNkulunkulu wawoShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego ziyakuhlahlelwa, izindlu zazo zenziwe iquba, ngokuba akakho omunye unkulunkulu ongophula ngale ndlela.

30 Inkosi yabaphakamisa oShadiraki, noMeshaki, no-Abedi Nego esifundeni saseBabele.

## UDaniyeli 4

### Iphupho likaNebukadinesari ngomuthi

1 UNebukadinesari inkosi kubo bonke abantu, nezizwe, nezilimi ezakhe emhlabeni wonke: ukuthula makuvame kinina.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Bekukuhle kimi ukwazisa izibonakaliso nezimangaliso uNkulunkulu oPhezukonke azenzile kimi.

3 Yeka ubuningi bezibonakaliso zakhe, namandla ezimangaliso zakhe! Umbuso wakhe ungumbuso ongunaphakade, nokubusa kwakhe kungokwezizukulwane.

4Mina Nebukadinesari ngangihlezi ngokuthula, ngatamasa endlini yami yobukhosi.

5Ngase ngibona iphupho, langethusa; imicabango embhedeni wami nemibono yekhanda lami yangesabisa.

6Ngalokho ngakhipha isimemezelo sokuba kulethwe bonke abahlakaniphileyo baseBabele phambi kwami, ukuze bangazise incazelo yephupho.

7Zase zifika izanusi, nabathwebulayo, namaKaledi, nabahlola imihlola, ngabatshela iphupho, kepha abangazisanga incazelo yalo.

8 Kodwa ngasekugcineni kwangena uDaniyeli phambi kwami ogama lakhe linguBeliteshasari njengegama likankulunkulu wami, okuye umoya wawonkulunkulu abangcwele; ngamtshela iphupho, ngathi:

9 Beliteshasari, wena nduna yezanusi, ngokuba ngiyazi ukuthi umoya wawonkulunkulu abangcwele ukuwe nokuthi awukhathazwa mfihlakalo, ngitshele imibono yephupho lami engilibonileyo nencazo yalo.

10 Yayinje imibono yekhanda lami ngisembhedeni wami: ngabona, bheka, nanko umuthi phakathi nomhlaba, nokuphakama kwawo kwakukukhulu.

11Umuthi wakhula, waqina, ubude bawo bafinyelela ezulwini nokubonakala kwawo kwaze kwaba sekugcineni komhlaba.

12Amaqabunga awo ayemahle, nezithelo zawo zaziziningi, kukhona kuwo ukudla kubo bonke; izilwane zasendle zazinomthunzi phansi kwawo, izinyoni zezulu zazihlala emagatsheni awo, nenyama yonke yondliwa kuwo.

13 Ngabona emibonweni yekhanda lami ngisembhedeni wami, bheka, nango umlindi ongcwele ehla ezulwini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Wamemeza ngamandla, washo kanje, wathi: Gawula umuthi, unqume amagatsha awo, uvuthulule amaqabunga awo, uhlakaze izithelo zawo; izilwane mazisuke phansi kwawo, nezinyoni emagatsheni awo.

15Nokho shiya isiqu sezimpande zawo emhlabathini, sinesibopho sensimbi nesethusi, ohlazeni lwasendle, simanziswe ngamazolo ezulu, isabelo saso sibe nezilwane zasetshanini bomhlaba;

16inhliziyo yakhe iyakuguqulwa ingabi ngeyomuntu, aphiwe inhliziyo yesilwane, kudlule izikhathi eziyisikhombisa phezu kwakhe.

17 Kunqunyiwe ngesimemezelo sabalindi nangesiyalezo sezwi labangcwele ukuba abaphilayo bazi ukuthi oPhezukonke ubusa imibuso yabantu, ayinike amthandayo, amise phezu kwayo ophansi phakathi kwabantu.

18 Leli phupho ngalibona mina Nebukadinesari; wena Beliteshasari, yisho incazelo, njengokuba bonke abahlakaniphileyo bombuso wami bengazi ukungazisa incazelo; kepha wena ungakwenza, ngokuba umoya wawonkulunkulu abangcwele ukuwe.

19Khona uDaniyeli ogama lakhe lalinguBeliteshasari wamangala isikhashana, imicabango yakhe yamesabisa. Inkosi yathatha yathi: Beliteshasari, iphupho nencazo makungakwesabisi. UBeliteshasari waphendula wathi: Nkosi, iphupho malibe kwabakuzondayo, nencazo yalo kuzo izitha zakho.

20Umuthi owawubonayo, owakhula, waqina, obude bawo bafinyelela ezulwini nokubonakala kwawo kwaze kwaba sekugcineni komhlaba;

21omaqabunga awo ayemahle, nezithelo zawo zaziziningi, kukhona ukudla kuwo kubo bonke; ozilwane zasendle zahlala phansi kwawo, nezinyoni zezulu zakha emagatsheni awo:

22 nguwe nkosi okhulile waqina, ngokuba ubukhulu bakho bukhulile bufinyelele ezulwini nokubusa kwakho kuze kube sekugcineni komhlaba.

23 Njengalokho inkosi yabona umlindi ongcwele ehla ezulwini, ethi: Gawula umuthi, uwuchithe, kepha shiya isiqu sezimpande zawo emhlabathini, sinesibopho sensimbi nesethusi, ohlazeni lwasendle, simanziswe ngamazolo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ezulu, isabelo saso sibe nezilwane zasendle, kuze kudlule izikhathi eziyisikhombisa phezu kwaso,

24nansi incazelo, nkosi: kuyisimemezelo soPhezukonke esiyehlele inkosi yami, inkosi,

25sokuthi uyakuxoshwa kubantu, inhlalo yakho ibe nezilwane zasendle, udliswe utshani njengezinkabi, umanziswe ngamazolo ezulu, kudlule izikhathi eziyisikhombisa phezu kwakho, uze wazi ukuthi oPhezukonke ubusa imibuso yabantu, ayinike amthandayo.

26Njengalokho bayaleza ukuba kushiywe isiqu sezimpande zomuthi, umbuso wakho uyakuqina kuwe, lapho usufundile ukuthi izulu liyabusa.

27 Ngalokho, nkosi, masamukeleke kuwe isiluleko sami, unqamule izono zakho ngokulunga, nobubi bakho ngokuba nomusa kwabampofu; mhlawumbe kungelulwa ukuthula kwakho.

28Konke lokho kwamehlela uNebukadinesari.

29Ngasekugcineni kwezinyanga eziyishumi nambili wayehamba endlini yamakhosi eBabele.

30Inkosi yathatha yathi: Angithi yileli Babele elikhulu engilakhile libe yindlu yobukhosi ngezikhwepha zamandla ami, libe ludumo lobukhosi bami, na?

31Izwi lisesemlonyeni wenkosi, kwehla ezulwini izwi, lithi: We nkosi Nebukadinesari, kukhulunyiwe kuwe ukuthi: Umbuso usukile kuwe;

32uyakuxoshwa kubantu, inhlalo yakho ibe nezilwane zasendle, udliswe utshani njengezinkabi, kudlule phezu kwakho izikhathi eziyisikhombisa, uze wazi ukuthi oPhezukonke ubusa imibuso yabantu, ayinike amthandayo.

33Ngasona leso sikhathi le nto yagcwaliseka phezu kukaNebukadinesari: waxoshwa kubantu, wadliswa utshani njengezinkabi, umzimba wakhe wamanziswa ngamazolo ezulu, zaze zakhula izinwele zakhe njengezimpaphe zezinkozi nezinzipho zakhe njengamazipho ezinyoni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34 Ngasekugcineni kwezinsuku mina Nebukadinesari ngaphakamisa amehlo ami ezulwini, nomqondo wami wabuyela kimi, ngambonga oPhezukonke, ngamdumisa, ngamtusa yena ohlezi phakade. Ngokuba ukubusa kwakhe kungukubusa okuphakade, nombuso wakhe ungowezizukulwane ngezizukulwane;

35 bonke abakhe emhlabeni bashaywa ize; uyenza njengentando yakhe empini yasezulwini naphakathi kwabakhileyo emhlabeni; akakho ongavimbela isandla sakhe, noma athi kuye: Wenzani na?

36 Ngasona leso sikhathi wabuyela kimi umqondo wami, nobukhosi bami nokucwebezela kwami kwabuyela kimi, kwaba ludumo lombuso wami; abomkhandlu bami nezinduna zami bangifuna; ngase ngibekwa embusweni wami, ngenezelwa ubukhulu obudluleleyo.

37 Kalokhu-ke mina Nebukadinesari ngiyatusa, ngiyaphakamisa, ngiyidumisa iNkosi yezulu, ngokuba yonke imisebenzi yayo iyiqiniso, nezindlela zayo zingukwahlulela; abahamba ngokuzidla inamandla okubathobisa.

## UDaniyeli 5

### Idili likaBelishasari

1 UBelishasari inkosi wenzela izinduna zakhe eziyinkulungwane idili, waphuza iwayini ngaphambi kwaleyo nkulungwane.

2 UBelishasari esalinambitha iwayini wayaleza ukuba kulethwe izitsha zegolide nezesiliva, uNebukadinesari uyise ayezikhiphe ethempelini laseJerusalema, ukuba inkosi nezikhulu zayo, nawomkayo, nezancinza zayo baphuze ngazo.

3 Base beletha izitsha zegolide ezazikhishwe ethempelini lendlu kaNkulunkulu yaseJerusalema, inkosi, nezikhulu zayo, nawomkayo, nezancinza zayo baphuza ngazo.

4 Baphuza iwayini, batusa onkulunkulu begolide, nabesiliva, nabethusi, nabensimbi, nabomuthi, nabetshe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Ngasona leso sikhathi kwavela iminwe yesandla somuntu, yaloba
maqondana nothi lwezibani kokunamekiweyo kodonga lwendlu yenkosi;
inkosi yabona inxenye yesandla esalobayo.

6Kwase kuguquka ukucwebezela kwayo, nemicabango yayo yayesabisa,
zaxhega izinyonga zokhalo lwayo, namadolo ayo ashayana.

7 Inkosi yamemeza ngamandla ukuba kulethwe abathwebulayo, namaKaledi,
nabahlola imihlola. Yayisikhuluma inkosi, yathi kwabahlakaniphileyo
baseBabele: Ongafunda lo mbhalo, angitshele incazelo yawo
uyakwembathiswa okububende, abe nomgexo wegolide entanyeni yakhe,
abuse engowesithathu embusweni.

8Base bengena bonke abahlakaniphileyo benkosi, kepha behluleka
ukuwufunda umbhalo nokwazisa inkosi incazelo.

9Khona inkosi uBelishasari yesaba kakhulu, nokucwebezela kwayo
kwaguquka kuyo, nezinduna zayo zamangala.

10 Ngenxa yamazwi enkosi nawezinduna zayo kwase kungena inkosikazi
endlini yedili; inkosikazi yakhuluma yathi: Mana njalo, nkosi; imicabango
yakho mayingakwesabisi, kungaguquki ukucwebezela kwakho.

11 Kukhona embusweni wakho umuntu okukuye umoya wawonkulunkulu
abangcwele; ezinsukwini zikayihlo kwafunyanwa kuye ukukhanya
nokuqonda nokuhlakanipha njengokuhlakanipha kwawonkulunkulu; inkosi
uNebukadinesari, uyihlo yambeka induna yezanusi, neyabathwebulayo,
neyamaKaledi, neyabahlola imihlola, yebo, nkosi, uyihlo,

12 ngokuba kwafunyanwa umoya odluleleyo, nokwazi, nokuqonda ukuchaza
amaphupho, nokubonakalisa izimfumbe, nokuthukulula amafindo kuye
uDaniyeli lowo inkosi eyambiza ngokuthi uBeliteshasari; kalokhu makabizwe
uDaniyeli, uyakubonakalisa incazelo.

13 Khona uDaniyeli wangeniswa phambi kwenkosi. Inkosi yakhuluma, yathi
kuDaniyeli: Wena unguDaniyeli lowo ongowabathunjwa bakwaJuda,
abalethwa yinkosi ubaba, bevela kwaJuda na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Ngizwile ngawe ukuthi umoya wawonkulunkulu ukuwe nokuthi kufunyenwe kuwe ukukhanya nokuqonda nokuhlakanipha okudlulileyo.

15 Manje-ke kungeniswe phambi kwami abahlakaniphileyo nabathwebulayo ukuba bafunde lo mbhalo, bangazise incazelo yawo, kepha behluleka ukubonakalisa incazelo yale ndaba.

16 Kepha ngizwe ngawe ukuthi ungaveza izincazelo, uthukulule amafindo; manje-ke uma ungafunda lo mbhalo, ungazise incazelo yawo, uyakwembathiswa okububende, ube nomgexo wegolide entanyeni yakho, ubuse ube ngowesithathu embusweni.

17 Wayesephendula uDaniyeli, wathi phambi kwenkosi: Izipho zakho mazibe kuwe, umuphe omunye imivuzo yakho; nokho ngiyakufundela inkosi umbhalo, ngiyazise incazelo.

18 E nkosi, uNkulunkulu oPhezukonke wanika uNebukadinesari uyihlo umbuso, nobukhulu, nodumo, nobukhosi;

19 ngenxa yobukhulu owamnika bona, bonke abantu, nezizwe, nezilimi bathuthumela, besaba phambi kwakhe; athanda ukumbulala wambulala, athanda ukumyeka wamyeka; athanda ukumphakamisa wamphakamisa, athanda ukumthobisa wamthobisa.

20 Kepha lapho inhliziyo yakhe yaziphakamisa, nomoya wakhe waba lukhuni waze wazidla, wehliswa esihlalweni sakhe sobukhosi, balususa udumo lwakhe kuye;

21 waxoshwa kubantwana babantu; inhliziyo yakhe yaba njengeyezilwane, nenhlalo yakhe yayinezimbongolo zasendle; wadliswa utshani njengezinkabi, nomzimba wakhe wamanziswa ngamazolo ezulu, waze wazi ukuthi uNkulunkulu oPhezukonke ubusa imibuso yabantu, ubeka phezu kwayo amthandayo.

22 Nawe ndodana yakhe, Belishasari, awuthobanga inhliziyo yakho, noma wazi konke lokho,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

23 kepha uziphakamisile eNkosini yasezulwini; balethe izitsha zendlu yakhe phambi kwakho; wena nezinduna zakho, nawomkakho, nezancinza zakho niphuzile iwayini ngazo, utusile wena onkulunkulu besiliva, nabegolide, nabethusi, nabensimbi, nabomuthi, nabetshe abangaboni, abangezwa, abangazi; kodwa uNkulunkulu omphefumulo wakho usesandleni sakhe, nokungezakhe zonke izindlela zakho awumdumisanga.

24Yayisithunywa le nxenye yesandla ivela kuye, walotshwa lo mbhalo.

25 Yilo umbhalo owalotshwa: MENE, MENE TEKEL, UFARSIN.

26 Nansi incazelo yale nto: MENE: uNkulunkulu ubalile umbuso wakho, uwuqedile.

27TEKEL: ulinganisiwe esilinganisweni, ufunyenwe ulula.

28PERES: umbuso wakho wahlukene, unikelwe kumaMede namaPheresiya.

29 Khona uBelishasari wayaleza, bamembathisa uDaniyeli okububende, bafaka umgexo wegolide entanyeni yakhe, benza isimemezelo ngaye ukuthi ubeyakubusa engowesithathu embusweni.

30Ngalobo busuku uBelishasari inkosi yamaKaledi wabulawa.

31UDariyu umMede wamukela umbuso eneminyaka engamashumi ayisithupha nambili.

## UDaniyeli 6

### UDaniyeli usemphandwini wezingonyama

1Kwaba kuhle kuDariyu ukubeka phezu kombuso izikhulu eziyikhulu namashumi amabili ebeziyakuba sembusweni wonke.

2Phezu kwazo wamisa abongameli abathathu, uDaniyeli engomunye wabo, ukuba izikhulu zibike kubo, ukuze inkosi ingalimali ngalutho.

3Khona uDaniyeli lo wabadlula abongameli nezikhulu, ngokuba umoya ophakemeyo wawukuye; inkosi yayicabanga ukummisa phezu kombuso wonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[4]Khona abongameli nezikhulu base befuna ukuthola utho ngoDaniyeli oluqondene nombuso, kepha abatholanga lutho nacala kuye, ngokuba wayethembekile; akutholwanga siphosiso nacala kuye.

[5]Ayesethi lawa madoda: Asiyikuthola lutho ngoDaniyeli, uma singalutholi kokuqondene nomthetho kaNkulunkulu wakhe.

[6] Base bebuthana labo bongameli nezikhulu enkosini, basho kanje kuyo, bathi: Mana njalo, nkosi Dariyu.

[7]Bonke abongameli bombuso, nababusi, nezikhulu, nabomkhandlu, nezinduna balulekene kanyekanye ukuba kumiswe isimiso senkosi, kumenyezelwe isiyalezo esiqinileyo sokuthi yilowo nalowo ocela isicelo nakumuphi unkulunkulu noma kumuntu ngezinsuku ezingamashumi amathathu, kuphela kuwe nkosi, uyakuphonswa emphandwini wezingonyama.

[8] Kalokhu, nkosi, simemezele isiyalezo, ulobe umbhalo ukuba ungaguqulwa ngokomthetho wamaMede namaPheresiya ongenakuguquka.

[9]Ngokunjalo inkosi uDariyu yayisiloba umbhalo nesiyalezo.

[10] UDaniyeli esekwazi ukuthi umbhalo ulotshiwe, wangena endlini yakhe amafasitele ekamelo lakhe ayevulekile ebhekisa eJerusalema waguqa ngamadolo kathathu ngosuku, wakhuleka, wabonga uNkulunkulu wakhe, njengalokho enzile kuqala.

[11]Ayesebuthana lawo madoda, amfumana uDaniyeli ekhuleka, enxusa kuNkulunkulu wakhe.

[12]Asondela, akhuluma phambi kwenkosi ngesiyalezo senkosi, athi: Asithi ulobile isiyalezo sokuthi yilowo nalowo ocela nakumuphi unkulunkulu noma kumuntu ngezinsuku ezingamashumi amathathu, kuphela kuwe nkosi, uyakuphonswa emphandwini wezingonyama na? Inkosi yaphendula yathi: Iqinisile leyo nto ngokomthetho wamaMede namaPheresiya ongenakuguquka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[13]Ayesephendula ethi phambi kwenkosi: UDaniyeli lowo ongowabathunjwa bakwaJuda akakunaki wena nkosi, nesiyalezo osilobileyo, kepha uyacela isicelo sakhe kathathu ngosuku.

[14]Lapho inkosi isizwile lawa mazwi, yadabuka kakhulu, yayibeka inhliziyo yayo kuDaniyeli ukuba imkhulule, yazama ukumophula kwaze kwaba sekushoneni kwelanga.

[15]Ayesebuthana lawo madoda enkosini, athi enkosini: Yazi, nkosi, ukuthi kungumthetho wamaMede namaPheresiya ukuba kungaguqulwa isiyalezo nesimiso esimiswa yinkosi.

[16]Yayisiyaleza inkosi, walethwa uDaniyeli, waphonswa emphandwini wezingonyama. Inkosi yakhuluma, yathi kuDaniyeli: UNkulunkulu wakho omkhonza njalo uyakukukhulula.

[17] Kwase kulethwa itshe, labekwa emlonyeni womphandu, inkosi yalinamathelisa ngendandatho yayo nangendandatho yizikhulu zayo, ukuze kungaguqulwa lutho maqondana noDaniyeli.

[18]Inkosi yase iya endlini yayo yobukhosi, yadlulisa ubusuku izila; izinkenezo zokubethwa azilethwanga kuyo, nobuthongo bayibalekela.

[19]Inkosi yavuka ekuseni kakhulu, yashesha yaya emphandwini wezingonyama.

[20]Kwathi isisondele emphandwini kuDaniyeli, yamemeza ngezwi elikhalayo; inkosi yakhuluma, yathi kuDaniyeli: Daniyeli, wena nceku kaNkulunkulu ophilayo, uNkulunkulu wakho omkhonza njalo angakukhulula kuzo izingonyama na?

[21]UDaniyeli wathi enkosini: Mana njalo, nkosi.

[22] UNkulunkulu uthumile ingelosi yakhe, wavimba imilomo yezingonyama, azingilimazanga, ngokuba kwafunyanwa kimi ukungabi nacala phambi kwakhe; naphambi kwakho, nkosi, angenzanga okubi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Yayisijabula kakhulu inkosi, yayaleza ukuba uDaniyeli akhushulwe emphandwini. UDaniyeli wayesekhushulwa emphandwini, akufunyanwanga mcothu kuye, ngokuba wayemethembile uNkulunkulu wakhe.

24 Inkosi yayaleza, alethwa lawo madoda ayemangalele uDaniyeli, aphonswa emphandwini wezingonyama, wona nabantwana bawo, nawomkawo; izingonyama zatheleka phezu kwabo, zachoboza amathambo abo, bengakafinyeleli phansi emphandwini.

25 UDariyu inkosi wayeselobela bonke abantu, nezizwe, nezilimi ezikhona emhlabeni wonke ukuthi: Ukuthula makwande kinina.

26 Ngenza isiyalezo ukuba ekubuseni konke kombuso wami abantu bathuthumele, besabe phambi kukaNkulunkulu kaDaniyeli, ngokuba unguNkulunkulu ophilayo, umi kuze kube phakade, nombuso wakhe yiwo ongayikuchithwa, nokubusa kwakhe kuyakuma kuze kube sekupheleni.

27 Uyakhulula, ophule; uyenza izibonakaliso nezimangaliso ezulwini nasemhlabeni, yena omkhululile uDaniyeli emandleni ezingonyama.

28 UDaniyeli wayeseqhubeka ngesineke ekubuseni kukaDariyu, nasekubuseni kukaKoresi umPheresiya.

## UDaniyeli 7

### Izilo ezine nendodana yomuntu

1 Ngomnyaka wokuqala kaBelishasari, inkosi yaseBabele, uDaniyeli wabona iphupho nemibono yekhanda lakhe embhedeni wakhe, waliloba iphupho, walanda inhloko yezindaba.

2 UDaniyeli wathatha wathi: Ngabona embonweni wami ebusuku; bheka, imimoya yomine yezulu yavumbuluka elwandle olukhulu.

3 Izilo ezine ezinkulu zakhuphuka elwandle, zahlukile esinye kwesinye.

4 Esokuqala sasinjengengonyama, sinamaphiko okhozi; ngabheka aze ahluthwa amaphiko aso, saphakanyiswa emhlabeni, samiswa ngezinyawo ezimbili njengomuntu, sanikwa inhliziyo yomuntu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Bheka, esinye isilo, esesibili, sinjengebhere, samiswa ngolunye uhlangothi, izimbambo ezintathu zisemlonyeni waso phakathi kwamazinyo aso; kwathiwa kuso: Vuka, udle inyama eningi.

6 Emva kwalokho ngabona; bheka, esinye, sinjengengwe, sinamaphiko amane enyoni emhlane; isilo sasinamakhanda amane, sanikwa ukubusa.

7 Emva kwalokho ngabona emibonweni ebusuku; bheka, isilo sesine, esesabekayo, sinamandla, siqinile kakhulu; sasinamazinyo amakhulu ensimbi, sadla, saphula, sanyathela okuseleyo ngezinyawo zaso; sahlukile kuzo zonke izilo ezazingaphambi kwaso; sasinezimpondo eziyishumi.

8 Ngabuka izimpondo; bheka, kwavela phakathi kwazo olunye uphondo, oluncane, okungaphambi kwalo ezintathu zezimpondo zokuqala zasimbulwa; futhi bheka, kulolo phondo kwakukhona amehlo anjengamehlo omuntu, nomlomo okhuluma izinto ezinkulu.

9 Ngisabheka, kwabekwa izihlalo zobukhosi, kwahlala omdala wezinsuku; izambatho zakhe zazimhlophe njengeqhwa, izinwele zekhanda lakhe zinjengoboya bezimvu obuhlanzekileyo; isihlalo sakhe sobukhosi sasingamalangabi omlilo, amasondo aso engumlilo ovuthayo.

10 Umnonjana womlilo wavela, waphuma phambi kwakhe; izinkulungwane zenkulungwane zazimkhonza, nezinkulungwane eziyishumi zezinkulungwane eziyishumi zazimi ngaphambi kwakhe; kwahlala abahluleli, izincwadi zavulwa.

11 Ngabheka ngaleso sikhathi ngenxa yenhlokomo yamazwi amakhulu akhulunywa luphondo; ngabheka saze sahlatshwa isilo, wachithwa umzimba waso, sanikelwa ukuba sishiswe ngomlilo.

12Kepha ezinye izilo, ukubusa kwazo kwasuswa, kodwa ukuphila kwazo kwelulwa isikhathi nenkathi.

13 Ngabona emibonweni ebusuku; bheka, kwafika namafu ezulu onjengendodana yomuntu; yafika komdala wezinsuku, yasondezwa phambi kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Yanikwa ukubusa, nobukhosi, nombuso, ukuze bonke abantu, nezizwe, nezilimi bayikhonze; ukubusa kwayo kungukubusa okuphakade okungayikudlula, nombuso wayo yiwo ongayikuchithwa.

15 Mina Daniyeli, umoya wami wakhathazeka edokodweni lawo, nemibono yekhanda lami yangihlupha.

16Ngasondela komunye wababemi khona, ngabuza kuye iqiniso lakho konke lokhu. Wangitshela, wangazisa incazelo yezindaba.

17 Lezo zilo ezinkulu ezine zingamakhosi amane ayakuvela emhlabeni.

18Kepha abangcwele boPhezukonke bayakwamukeliswa umbuso, umbuso ube ngowabo kuze kube phakade, yebo, kuze kube phakade naphakade.

19 Ngase ngifuna ukwazi iqiniso ngesilo sesine esahlukile kuzo zonke zazo, esesabekayo kakhulu, esimazinyo aso ayeyinsimbi, nezinzipho zaso ziyithusi, esasidla, saphula, sanyathela okuseleyo ngezinyawo;

20nangezimpondo eziyishumi ezazisekhanda laso, nolunye olwavelayo, ezawa phambi kwalo ezintathu, lolo phondo olwalunamehlo nomlomo owawukhuluma izinto ezinkulu, olukubonakala kwalo kwakukukhulu kunezinye.

21 Ngisabheka, lolo phondo lwalwa nabangcwele, lwabahlula,

22waze wafika omdala wezinsuku, abangcwele boPhezukonke banikwa ukwahlulelwa, kwafika isikhathi sokuba umbuso ube ngowabangcwele.

23 Wayesethi: Isilo sesine siyakuba ngumbuso wesine emhlabeni, oyakwahluka kuyo yonke imibuso, udle wonke umhlaba, uwunyathele, uwaphule.

24 Izimpondo eziyishumi-ke, kulowo mbuso kuyakuvela amakhosi ayishumi, kuvele enye emva kwawo; iyakwahluka kwawokuqala, ithobise amakhosi amathathu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25 Iyakukhuluma amazwi ngoPhezukonke, ikhathaze abangcwele boPhezukonke; iyakuhlosa ukuguqula izikhathi nomthetho; bayakukhashelwa esandleni sayo kuze kube yisikhathi nezikhathi nenxenye yesikhathi.

26 Kepha abahluleli bayakuhlala, basuse ukubusa kwayo kudliwe, kuchithwe kuze kube sekupheleni.

27 Umbuso nokubusa nobukhulu bemibuso phansi kwalo lonke izulu kuyakunikwa isizwe sabangcwele boPhezukonke; umbuso wakhe ungumbuso ongunaphakade; yonke imibuso iyakumkhonza, imlalele.

28 Nakhu ukuphela kwendaba. Mina Daniyeli, imicabango yami yangikhathaza kakhulu, nokucwebezela kwami kwaguquka kimi, kepha ngayigcina indaba enhliziyweni yami.

## UDaniyeli 8

### Inqama nempongo

1 Ngomnyaka wesithathu wokubusa kwenkosi uBelishasari kwabonakala kimi mina Daniyeli umbono emva kwalokho okwabonakala kimi kuqala.

2 Ngabona embonweni; kwase kuthi ekuboneni kwami ngangiseShushani endlini yenkosi esifundeni sase-Elamu; ngabona-ke embonweni, ngangisemfuleni i-Ulayi.

3 Ngase ngiphakamisa amehlo ami, ngabona; bheka, kwakumi phambi komfula inqama inezimpondo ezimbili; lezo zimpondo ezimbili zazithaphile, kepha olunye lwaluthaphe kunolunye, oluthaphileyo lwavela muva.

4 Ngabona inqama iqhubukusha ngasentshonalanga, nangasenyakatho, nangaseningizimu; kwakungekho silo ebesinokuma phambi kwayo, kwakungekho ongophula esandleni sayo, kepha yenza njengentando yayo, yazikhulisa.

5 Ngisacabanga, bheka, kwavela impongo ngasentshonalanga ebusweni bawo wonke umhlaba, ingawuthinti umhlaba kodwa; impongo yayinophondo oluqhamileyo emkhathini wamehlo ayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Yafika enqameni eyayinezimpondo ezimbili, engayibona imi phambi komfula, yatheleka kuyo ngokufutheka kwayo okunamandla.

7Ngayibona isondela kakhulu enqameni, yababa ngayo, yayishaya inqama, yazaphula izimpondo zayo ezimbili; kwakungekho mandla enqameni okuma phambi kwayo, kepha yayiphonsa phansi, yayinyathela, kwakungekho ongayophula inqama esandleni sayo.

8Impongo yayisizikhulisa kakhulu; kwathi lapho isinamandla, uphondo olukhulu lwaphuka; esikhundleni salo kwamila ezine ziqhamela ngasemimoyeni yomine yezulu.

9 Kolunye lwazo kwamila uphondo oluncane olwakhula kakhulu ngaseningizimu, nangasempumalanga, nangasezweni elihle.

10Lwakhula kwaze kwaba nasebandleni lasezulwini, lwaphonsa phansi okunye kwebandla, okwezinkanyezi, lwakunyathela.

11 Yebo, lwazikhulisa kwaze kwaba nasesikhulwini sebandla, lwasaphuca umnikelo oshiswa imihla yonke, nendawo yendlu yaso engcwele yaphonswa phansi.

12Kwabekwa impi yokulwa kanye nomnikelo oshiswa imihla yonke ngesiphambeko: lwaphonsa phansi iqiniso, lwenza njengentando yalo, lwaba nempumelelo.

13Ngase ngizwa ongcwele ekhuluma, nomunye ongcwele wathi kulowo owakhuluma: Uyakuba khona kuze kube nini lo mbono womnikelo oshiswa imihla yonke, nesiphambeko esichithayo sokuba kukhashelwe indlu engcwele nempi, kunyathelwe phansi, na?

14Wathi kimi: Koze kube yizikhathi zokuhlwa nezokusa eziyizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu; bese yihlanjululwa indlu engcwele.

15Kwathi sengiwubonile umbono mina Daniyeli, ngafuna ukuwuqonda; bheka, kwase kumi phambi kwami kungathi isimo somuntu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Ngezwa izwi lomuntu phakathi kwe-Ulayi elalimemeza lathi: Gabriyeli,
menze lo ukuba aqonde umbono.

17Wayesesondela lapho ngimi khona; lapho esefika, ngashaywa luvalo, ngawa
ngobuso bami; kepha wathi kimi: Qonda, ndodana yomuntu, ngokuba
umbono ungowesikhathi sokuphela.

18 Esakhuluma nami, ngalala ubuthongo obukhulu, ubuso bami bubheke
phansi; kepha wangithinta, wangimisa lapho kade ngimi khona.

19Wathi: Bheka, ngiyakukwazisa okuyakwenzeka ngasekupheleni
kwentukuthelo, ngokuba kungokwesikhathi sokuphela.

20Inqama oyibonileyo inezimpondo ezimbili, zingamakhosi aseMediya
nasePheresiya.

21Impongo iyinkosi yaseJavini; uphondo olukhulu olusemkhathini wamehlo
ayo luyinkosi yokuqala.

22Kepha olwaphukileyo, esikhundleni salo okwavela ezine, kuyakuvela
imibuso emine esizweni salo, ingenamandla alo kodwa.

23 Ekugcineni kokubusa kwayo, lapho izihlubuki seziphelele, inkosi elukhuni
ngobuso, eqonda izimfumbe, iyakuvela.

24Iyakuba namandla amakhulu, ingenamandla eyokuqala kodwa; iyakuchitha
ngokumangalisayo, iphumelele ukukwenza; iyakuchitha abanamandla
nabantu abangcwele.

25Ngokuhlakanipha kwayo iyakuphumelelisa inkohliso esandleni sayo,
izikhulise enhliziyweni yayo, ichithe abaningi ekuthuleni; iyakumelana
nesikhulu sezikhulu, ichotshozwe kungengasandla.

26 Imibono yakusihlwa neyasekuseni esilandiwe iqinisile, kepha gcina wena
umbono, ngokuba ungowezinsuku eziningi.

27Mina Daniyeli ngase ngiphela amandla, ngagula izinsuku ezithile; ngavuka,
ngenza umsebenzi wenkosi; ngamangala ngombono, kwakungekho
owuqondayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## UDaniyeli 9

### Umkhuleko kaDaniyeli

1Ngomnyaka wokuqala kaDariyu indodana ka-Ahashiveroshi, wozalo
lwamaMede, owabekwa inkosi phezu kombuso wamaKaledi,

2ngomnyaka wokuqala wokubusa kwakhe mina Daniyeli ngaqonda
ngezincwadi umumo weminyaka elakhuluma ngawo izwi likaJehova
kuJeremiya umprofethi ukuba kupheleliswe ukuchithwa kweJerusalema,
iminyaka engamashumi ayisikhombisa.

3 Ngase ngibhekisa ubuso bami kuyo iNkosi uNkulunkulu ukuba ngikhuleke,
nginxuse ngokuzila ukudla, nangendwangu yamasaka, nangomlotha.

4 Ngakhuleka kuJehova uNkulunkulu wami, ngavuma ngathi: O Nkosi,
Nkulunkulu omkhulu nowesabekayo, ogcina isivumelwano nomusa
kwabamthandayo nabagcina imiyalo yakhe,

5 sonile, siziphathe kabi, senzile okubi, sihlubukile, sachezuka emiyalweni
yakho nasezahlulelweni zakho;

6asilalelanga izinceku zakho abaprofethi ezazikhuluma egameni lakho
emakhosini ethu, nasezikhulwini zethu, nakobaba, nakubo bonke abantu
bezwe.

7 Kuwena Nkosi kukhona ukulunga, kepha kithina amahloni obuso
njenganamuhla: kubantu bakwaJuda, nakwabakhileyo eJerusalema, nakuye
wonke u-Israyeli, abaseduze nabakude, kuwo onke amazwe obahlakazele
kuwo ngenxa yezeqo zabo abeqe ngazo kuwe.

8 Jehova, kithina kukhona amahloni obuso: kuwo amakhosi ethu, nakuzo
izikhulu zethu, nakobaba, ngokuba sonile kuwe.

9 Kepha kuyo iNkosi, uNkulunkulu wethu, kukhona umusa nokuthethelela;
ngokuba simhlubukile,

10 asililalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wethu ukuba sihambe
ngemithetho yakhe ayibeka phambi kwethu ngezinceku zakhe abaprofethi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Wonke u-Israyeli weqile umthetho wakho, echezuka ukuze bangalilaleli
izwi lakho; ngalokho isiqalekiso sithululwe phezu kwethu kanye nesifungo
esilotshiwe emthethweni kaMose inceku kaNkulunkulu, ngokuba sonile kuye.

12 Uqinisile amazwi akhe awakhuluma ngathi nangabahluleli bethu
abasahlulelayo ngokusehlisela okubi okukhulu, ngokuba phansi kwezulu
lonke akwenziwanga njengokwenziwe kulo iJerusalema.

13Njengokulotshiweyo emthethweni kaMose konke lokhu okubi kusehlele,
nokho asincenganga ebusweni bukaJehova uNkulunkulu wethu ukuba
siphenduke ebubini bethu, siqonde iqiniso lakho.

14 UJehova wayesebulinda ububi, wasehlisela bona, ngokuba uJehova
uNkulunkulu wethu ulungile emisebenzini yakhe yonke ayenzayo, kepha
asililalelanga izwi lakhe.

15 Manje, Nkosi, Nkulunkulu wethu, wena owakhipha abantu bakho ezweni
laseGibithe ngesandla esinamandla, wazenzela igama njenganamuhla, sonile,
senzile okubi.

16Nkosi, ngakho konke ukulunga kwakho mawubuyise intukuthelo yakho
nokufutheka kwakho emzini waseJerusalema, intaba yakho engcwele,
ngokuba ngenxa yezono zethu nangobubi bawobaba iJerusalema nabantu
bakho sebe yihlazo kubo bonke abasizungezayo.

17 Kalokhu, Nkulunkulu wethu, yizwa umkhuleko wenceku yakho nokunxusa
kwayo, ukhanyise ubuso bakho phezu kwendlu yakho engcwele, echithakele
ngenxa yeNkosi.

18 Nkulunkulu wami, beka indlebe yakho, uzwe; vula amehlo akho, ubheke
izincithakalo zethu nomuzi obizwe ngegama lakho, ngokuba asilethi
ukunxusa kwethu phambi kwakho ngenxa yokulunga kwethu kepha ngomusa
wakho omkhulu.

19Nkosi, yizwa; Nkosi, thethelela; Nkosi, lalela, wenze; ungalibali ngenxa
yakho, Nkulunkulu wami, ngokuba umuzi nabantu bakho babizwe ngegama
lakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

20Ngisakhuluma ngikhuleka, ngivuma izono zami nezono zabantu bakithi u-
Israyeli, ngiletha ukunxusa kwami phambi kukaJehova uNkulunkulu wami
ngentaba engcwele kaNkulunkulu wami,

21 yebo, ngisakhuluma ngomkhuleko, lowo muntu uGabriyeli engambona
embonweni kuqala, endiziswa ngokushesha, wangithinta ngesikhathi
somnikelo wakusihlwa.

22Wangiqondisa, wakhuluma nami, wathi: Daniyeli, sengiphumile
ukukuhlakaniphisa nokukuqondisa.

23 Ekuqaleni kokunxusa kwakho izwi lavela; sengifikile ukukutshela, ngokuba
uthandekile; ngalokho qonda leli zwi, uqonde nombono.

24 Amasonto angamashumi ayisikhombisa anqunyelwe abantu bakho nomuzi
wakho ongcwele ukuqeda iziphambeko, nokukhawula izono, nokwenza
ukubuyisana ngobubi, nokungenisa ukulunga okuphakade, nokunamathelisa
umbono nesiprofetho, nokugcoba indlu engcwelengcwele.

25 Ngalokho yazi, uqonde ukuthi, kusukela ekuphumeni kwezwi lokubuyisa
nokwakha iJerusalema kuze kufike ogcotshiweyo, umbusi, kuyakuba
ngamasonto ayisikhombisa, lihlale lakhiwe, izitaladi zalo nogange lwalo,
amasonto angamashumi ayisithupha nambili nasesikhathini sokuhlupheka.

26Emva kwalawo masonto angamashumi ayisithupha nambili ogcotshiweyo
uyakunqunywa angabi namuntu; umuzi nendlu engcwele kuyakuchithwa
ngabantu bombusi ozayo, ukuphela kwakho kube sesikhukhuleni, kube
ngukulwa kuze kube sekugcineni; incithakalo inqunyiwe.

27 Uyakuqinisa isivumelwano nabaningi isonto libe linye, imihlatshelo
neminikelo ikhawuke phakathi kwesonto, kufike incithakalo ngephiko
lesinengiso, kuze kuphele okunqunyiweyo, kuthululelwe phezu komchithi.

## UDaniyeli 10

### Ukulwa kwemibuso

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Ngomnyaka wesithathu kaKoresi, inkosi yasePheresiya, uDaniyeli ogama lakhe labizwa ngokuthi uBeliteshasari wambulelwa izwi; izwi laliqinisile, lalingukulwa okukhulu; waliqonda izwi, waqonda nombono.

2Ngalezo zinsuku mina, Daniyeli, ngangilila amasonto amathathu apheleleyo.

3Ngangingadli isinkwa esithandiweyo, nenyama newayini akungenanga emlonyeni wami, futhi angizigcobanga nakanye kwaze kwaphelela amasonto amathathu.

4 Ngosuku lwamashumi amabili nane lwenyanga yokuqala, ngiseceleni komfula omkhulu iHidekeli,

5 ngaphakamisa amehlo ami, ngabona; bheka, nango umuntu embethe ilineni, ebhince okhalweni igolide elicwengekileyo lase-Ufazi.

6Umzimba wakhe wawunjengekrisolithe, nobuso bakhe bunjengokubonakala konyazi, namehlo akhe enjengezibani zomlilo, izingalo zakhe nezinyawo zakhe zinjengokubengezela kwethusi eliphucuziweyo, nezwi lamazwi akhe linjengezwi lesixuku.

7 Mina, Daniyeli, kuphela ngawubona umbono, ngokuba abantu ababe nami abawubonanga umbono, kepha behlelwa ngukuthuthumela okukhulu, babaleka ukuba bacashe.

8 Ngashiywa ngedwa; ngawubona lombono omkhulu, akusalanga mandla kimi, ngokuba ubuhle bami baphenduka ukonakala kimi, angaba namandla.

9 Ngase ngizwa izwi lamazwi akhe; lapho ngezwa izwi lamazwi akhe, ngase ngilele ubuthongo obukhulu, ubuso bami bubheke phansi.

10Bheka-ke, kwangithinta isandla, sangimisa ukuba ngitotobe ngamadolo ami nangezintende zezandla zami.

11 Wathi kimi: Daniyeli, wena muntu othandekayo, qonda amazwi engiwakhuluma kuwe, ume nokuma, ngokuba ngithunywe kuwe; lapho esekhulumile leli zwi kimi, ngema ngithuthumela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Wayesethi kimi: Ungesabi, Daniyeli, ngokuba kusukela osukwini lokuqala owabeka ngalo inhliziyo yakho ukuqonda nokuzithoba phambi kukaNkulunkulu wakho amazwi akho ezwiwa; mina ngifikile ngenxa yamazwi akho.

13 Kepha isikhulu sasembusweni wasePheresiya samelana nami izinsuku ezingamashumi amabili nanye, kepha bheka, uMikayeli, omunye wezikhulu zokuqala, weza ukungisiza, noma kade ngishiyiwe ngedwa khona namakhosi asePheresiya.

14 Sengifikile ukuba ngikuqondise okuyakwehlela abantu bakho ngezinsuku ezizayo, ngokuba umbono usenezinsuku.

15Esekhulumile kimi lawo mazwi, ngabhekisa ubuso bami phansi, ngathula.

16Bheka, onesimo samadodana abantu wathinta izindebe zami; ngase ngiwuvula umlomo wami, ngakhuluma, ngathi komi phambi kwami: Nkosi yami, ngenxa yombono imihelo ingehlele, angisenamandla.

17Inceku enje yenkosi yami ingakhuluma kanjani nenkosi yami enje na? Ngokuba mina, khona lapho akusalanga mandla kimi, nokuphefumula bekungasekho kimi.

18Wabuye wangithinta obonakala njengomuntu, wangiqinisa.

19Wathi: Ungesabi, muntu othandekayo; ukuthula makube kuwe; qina, yebo, mawuqine. Lapho ekhuluma kimi, ngaqiniswa, ngathi: Mayikhulume inkosi yami, ngokuba ungiqinisile.

20Wayesethi kimi: Uyazi ukuthi ngifikeleni kuwe na? Kepha manje ngiyakubuya ukuba ngilwe nesikhulu sasePheresiya; lapho ngiphumile kuso, siyakufika isikhulu saseJavani.

21Kepha ngiyakutshela okulotshwe embhalweni weqiniso. Akakho noyedwa ozihlanganisa nami ukulwa nalaba ngaphandle kukaMikayeli, isikhulu senu.

## UDaniyeli 11

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Mina-ke, ngomnyaka wokuqala kaDariyu umMede, ngema ukumqinisa ukuba abe namandla.

2 Kalokhu ngiyakukutshela iqiniso. Bheka, kusezakuvela amakhosi amathathu ePheresiya; eyesine iyakunotha kunawo onke; isiqinile ngengcebo yayo iyakuvusa bonke ukulwa nombuso waseJavani.

3 Kuyakuvela inkosi enamandla eyakubusa ngokubusa okukhulu, yenze njengentando yayo.

4 Iyakwanele ukuvela nje, umbuso wayo uyakufohlozwa, wahlukaniselwe emimoyeni yomine yezulu, ungabi ngowenzalo yayo, ungabi njengasekubuseni kwayo eyabusa ngakho, ngokuba umbuso wayo uyakusishulwa, ube ngowabanye ngaphandle kwalaba.

5 Inkosi yaseningizimu iyakuba namandla, kanjalo esinye sezikhulu zayo, yebo, sibe namandla kunayo, sibuse, nokubusa kwaso kuyakuba ngukubusa okukhulu.

6 Ngasekupheleni kweminyaka bayakuhlangana, kufike indodakazi yenkosi yaseningizimu enkosini yasenyakatho ukwenza isivumelwano; kepha ayiyikugcina amandla engalo, nayo inkosi ayiyikuma nengalo yayo, kodwa iyakunikelwa nabayilethayo, nowayizalayo, nowayisizayo ngalezo zikhathi.

7 Kepha ehlumeleni lezimpande zayo kuyakuvela omunye esikhundleni sayo oyakuya empini, angene enqabeni yenkosi yasenyakatho, amelane nabo, ahlule.

8 Nawonkulunkulu babo kanye nezithombe zabo ezibunjiweyo nezitsha zabo ezinxanelekayo zesiliva nezegolide uyakukuthumba, akuyise eGibithe, ayiyeke inkosi yasenyakatho iminyaka ethile.

9 Kepha yona iyakungena embusweni wenkosi yaseningizimu, kodwa iyakubuyela ezweni lakubo.

10 Amadodana ayo ayakuhloma, abuthe isixuku sezimpi eziningi; ziyakufika nokufika, zikhukhule, zidlule; ziyakubuya, zilwe kuze kube senqabeni yayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

11 Inkosi yaseningizimu iyakubaba, iphume, ilwe nenkosi yasenyakatho;
iyakuveza isixuku esikhulu, isixuku sinikelwe esandleni sayo.

12Kepha isixuku sesisusiwe, inhliziyo yayo iyakuziphakamisa, iwise phansi
izinkulungwane ezingamashumi amaningi, kepha ayiyikuba namandla.

13Inkosi yasenyakatho iyakubuya, iveze isixuku esikhulu kunesokuqala, ifike
nokufika ngasekupheleni kwezikhathi eziyiminyaka nempi enkulu nempahla
eningi.

14 Ngalezo zikhathi abaningi bayakuyisukela inkosi yaseningizimu,
nabaphangi babantu bakho bayakuziphakamisa ukuwuqinisa umbono, kepha
bayakuwa.

15Iyakufika inkosi yasenyakatho, inqwabele iduli, ithathe umuzi obiyelweyo;
izingalo zaseningizimu aziyikuma, nabantu bayo abakhethiweyo abayikuba
namandla okuma.

16Kepha omsukelayo uyakwenza njengentando yakhe, akakho oyakuma
phambi kwakhe; uyakuma ezweni elihle, abhubhise ngesandla sakhe.

17Uyakubhekisa ubuso bakhe ukufika namandla ombuso wakhe wonke kanye
nezivumelwano, azenze; uyakumnika indodakazi yabesifazane, ayonakalise,
kepha ayiyikuma, ingabi ngowakhe.

18Useyakubuphendulela ubuso bakhe eziqhingini, athathe eziningi, kepha
isikhulu siyakuqeda ihlazo elenziwa nguye, futhi sibuyisele ihlazo lakhe kuye.

19Useyakubuphendulela ubuso bakhe ezinqabeni zezwe lakubo, kepha
uyakukhubeka, awe, angabe esafunyanwa.

20 Bese kuvela esikhundleni sakhe oyakudlulisa umthelisi emhlobisweni
wombuso, kepha ngezinsuku eziyingcosana uyakubhujiswa, kungabi ngolaka
nangokulwa kodwa.

21 Esikhundleni sakhe kuyakuvela odelelekileyo abangamnikanga udumo
lobukhosi; uyakufika ngesikhathi sokuthula, athathe umbuso ngobushelezi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Ngengalo yesifufula bayakukhukhulwa ebusweni bakhe, babhujiswe, yebo, nesikhulu sesivumelwano.

23Emva kokuvumelana naye uyakusebenza ngenkohliso, ngokuba uyakukhuphuka, abe namandla enesizwe esincane nje.

24Ngesikhathi sokuthula uyakusukela izindawo ezinonileyo zesifunda, akwenze okungenziwanga ngoyise nangoyisemkhulu: uyakuhlakaza phakathi kwabo impango, nengcugco, nempahla, acebe amacebo ngezinqaba kube yisikhathi.

25 Uyakuvusela inkosi yaseningizimu amandla akhe nesibindi sakhe ngempi enkulu, inempi enkulu enamandla impela; kepha ayiyikuma, ngokuba bayakuceba amacebo ngayo.

26Abadla ukudla kwayo okumnandi bayakuyibhubhisa, impi yayo ikhukhulwe; abaningi bayakuwa phansi begwaziwe.

27Amakhosi-ke omabili, izinhliziyo zawo ziyakuba ngezokwenza okubi; ayakukhuluma amanga esetafuleni linye, kepha akuyikuphumelela, ngokuba ukuphela kusezakuba sesikhathini esimisiweyo.

28Bese ibuyela ezweni lakubo inempahla enkulu, inhliziyo yayo imelane nesivumelwano esingcwele; isikwenzile iyakubuyela ezweni lakubo.

29 Ngesikhathi esinqunyiweyo iyakubuya, iye eningizimu; kepha akuyikuba sekugcineni njengasekuqaleni.

30Imikhumbi yaseKitimi iyakuyisukela; bese idabuka, ibuye ithukuthelele isivumelwano esingcwele, ifeze; iyakubuya, inake abasishiyile isivumelwano esingcwele.

31 Izimpi ziyakuvela nayo, zingcolise indlu engcwele, inqaba, zisuse umnikelo oshiswa imihla yonke, zimise isinengiso esichithayo.

32Iyakonakalisa ngokuthopha abaphatha kabi isivumelwano, kepha abantu abamaziyo uNkulunkulu wabo bayakuba namandla, baphikelele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33 Abahlakaniphileyo babantu bayakuqondisa abaningi; kepha bayakuwa ngenkemba, nangelangabi, nangokuthunjwa, nangokuphangwa izinsuku eziningi.

34Ekuweni kwabo bayakusizwa ngokusizwa okuncane, bese bebambelela kubo abaningi ngokuthopha.

35 Abanye kwabahlakaniphileyo bayakuwa ukuba bacwengisiswe, bahlanzwe, benziwe mhlophe kuze kube sesikhathini sokuphela, ngokuba kusezakuba sesikhathini esimisiweyo.

36 Inkosi iyakwenza njengentando yayo, iziphakamise, izikhulise phezu kwabo bonke onkulunkulu, ikhulume okumangalisayo ngoNkulunkulu wawonkulunkulu, ibe nenhlanhla luze luphelele ulaka, ngokuba okumisiweyo kuyakwenziwa.

37 Ayiyikunakekela onkulunkulu bawoyise nofiswa yisifazane, inganaki nonkulunkulu oyedwa, ngokuba iyakuzikhulisa phezu kwabo bonke.

38Kepha unkulunkulu wezinqaba uyakumdumisa esikhundleni sabo, nonkulunkulu ababengamazi oyise uyakumdumisa ngegolide, nangesiliva, nangamatshe anqabileyo nangokunye okuthandiweyo.

39Iyakwenze njalo ezinqabeni ezinamandla inonkulunkulu ongowabezizwe; omvumayo iyakumandisela udumo, imenze ukuba abuse abaningi, imahlukanisele izwe libe ngumvuzo wakhe.

40 Ngesikhathi sokuphela inkosi yaseningizimu iyakuqhubukushana nayo; inkosi yasenyakatho isiyakuvunguzela yona ngezinqola, nangabamahhashi, nangemikhumbi eminingi, ingene emazweni amaningi, ikhukhule, idlule.

41 Iyakungena nasezweni elihle, namanye amaningi ayakukhubeka, kepha lana ayakophulwa esandleni sayo: o-Edomi, noMowabi, nemvama yabantwana bakwa-Amoni.

42Iyakwelulela isandla emazweni, nezwe laseGibithe aliyikubaleka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

43Iyakubusa phezu kwengcebo yegolide nesiliva, naphezu kwakho konke okuthandiweyo kwaseGibithe; amaLubi namaKushe ayakuba sezinyathelweni zayo.

44Iyakwethuswa yimibiko evela empumalanga nasenyakatho; iyakuphuma ngokufutheka okukhulu ukuchitha nokubhubhisa abaningi.

45Iyakumisa itende lendlu yayo yobukhosi phakathi kolwandle nentaba enhle engcwele; kepha iya nokho ekupheleni kwayo, akakho ongayisiza.

**UDaniyeli 12**

1 Ngaleso sikhathi uMikayeli uyakuvela, isikhulu esigqamileyo esimela abantwana babantu bakho; kuyakuba yisikhathi sokuhlupheka esingazange sibe khona kusukela ekuveleni kwabantu kuze kube yileso sikhathi; ngaleso sikhathi abantu bakho bayakukhululwa, bonke abafunyanwa belotshiwe encwadini.

2 Abaningi abalele emhlabathini wothuli bayakuvuka, abanye bavukele ukuphila okuphakade, abanye ihlazo nokunengwa okuphakade.

3 Abahlakaniphileyo bayakukhanya njengokukhazimula kwesibhakabhaka, nabaphendulela abaningi ekulungeni njengezinkanyezi kuze kube phakade naphakade.

4 Kepha wena Daniyeli, gcina amazwi, unamathelise incwadi kuze kube sesikhathini sokugcina; abaningi bayakwehla benyuka, ukwazi kube kuningi.

5Ngase ngibona mina Daniyeli; bheka, kwakumi abanye ababili, omunye ogwini lomfula nganeno, omunye ogwini lomfula ngaphesheya.

6Omunye wathi kumuntu owembethe ilineni, owayephezu kwamanzi omfula: Kuyakuba nini ukuphela kwalezi zimangaliso na?

7 Ngezwa umuntu owembethe ilineni, owayephezu kwamanzi omfula; waphakamisela isandla sakhe sokunene nesandla sakhe sokhohlo ezulwini, wamfunga ophila kuze kube phakade ukuthi kuyakuba ngokwesikhathi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

nezikhathi, nenxenye, nalapho sebeqedile ukuphohloza amandla abantu abangcwele, zonke lezo zinto ziyakuqedwa.

8Ngakuzwa, kepha angiqondanga; bese ngithi: Nkosi yami, ukuphela kwalokho kuyakuba yini na?

9Wathi: Hamba, Daniyeli, ngokuba amazwi avalelwe, anamathelisiwe kuze kube sesikhathini sokugcina.

10 Abaningi bayakuzihlanza, bazenze mhlophe, bacwengisiswe, kepha ababi bayakwenza kabi, kodwa akayikuqonda noyedwa omubi; nokho abahlakaniphileyo bayakuqonda.

11 Kusukela esikhathini sokususwa komnikelo oshiswa imihla yonke nokumiswa kwesinengiso esichithayo kuyakuba yizinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisishiyagalolunye.

12Ubusisiwe olindayo afinyelele ezinsukwini eziyinkulungwane namakhulu amathathu namashumi amathathu nanhlanu.

13 Kepha hamba wena kuze kube sekupheleni; usuphumulile uyakuma esabelweni sakho ngasekupheleni kwezinsuku.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UHoseya

## UHoseya 1

### Umuzi kaHoseya ongumfanekiso wabantu bakwa-Israyeli

1 Izwi likaJehova elafika kuHoseya indodana kaBeri ezinsukwini zawo-Uziya, noJothamu, no-Ahazi, noHezekiya, amakhosi akwaJuda, nasezinsukwini zikaJerobowamu indodana kaJowashi, inkosi yakwa-Israyeli.

2 Lapho uJehova eqala ukukhuluma ngoHoseya, uJehova wathi kuHoseya: Hamba uzithathele umfazi ophingayo nabantwana bophingayo, ngokuba izwe liyaphinga nokuphinga ngokungamlandeli uJehova.

3 Wayesehamba, wathatha uGomere indodakazi kaDibilayimi; wakhulelwa, wamzalela indodana.

4 UJehova wathi kuye: Qamba igama layo ngokuthi uJizreyeli, ngokuba kusezakuba yisikhashana ngize ngiphindisele igazi likaJizreyeli phezu kwendlu kaJehu, ngiqede umbuso wendlu ka-Israyeli.

5 Kuyakuthi ngalolo suku ngaphule umnsalo ka-Israyeli esigodini saseJizreyeli.

6 Wabuye wakhulelwa, wazala indodakazi. Wayesethi uJehova kuye: Qamba igama layo ngokuthi uLo Ruhama, ngokuba angisayikuyihawukela indlu yakwa-Israyeli ukuba ngibathethelele.

7 Kepha indlu yakwaJuda ngiyakuyihawukela, ngibasindise ngoJehova uNkulunkulu wabo, ngingabasindisi ngomnsalo, nangenkemba, nangokulwa, nangamahhashi, nangabamahhashi.

8 Esemlumulile uLo Ruhama, wakhulelwa, wazala indodana.

9 Wayesethi uJehova: Qamba igama layo ngokuthi uLo-Ami, ngokuba anisibo abantu bami, mina angiyikuba nguNkulunkulu wenu.

10 Nokho umumo wabantwana bakwa-Israyeli uyakuba ngangesihlabathi solwandle esingenakulinganiswa, singenakubalwa; kuyakuthi esikhundleni sokuba kuthiwe kubo: Anisibo abantu bami, kuthiwe kubo: Ningamadodana kaNkulunkulu ophilayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Abantwana bakwaJuda nabantwana bakwa-Israyeli bayakubuthana
ndawonye, bazimisele inhloko ibe nye, bakhuphuke ezweni, ngokuba
luyakuba lukhulu usuku lukaJizreyeli.

## UHoseya 2

### Umfazi ongathembekile

1 Bese nibiza abafowenu ngokuthi u-Ami, nawodadewenu ngokuthi uRuhama.

2 Phikisanani nonyoko, niphikisane, ngokuba akasiye umkami, nami angisiyo
indoda yakhe; makasuse ubufebe bakhe ebusweni bakhe, nokuphinga kwakhe
phakathi kwamabele akhe,

3 funa ngimhlubule abe nqunu, ngimenze njengasosukwini lokuzalwa
kwakhe, ngimenze ihlane, ngimbeke abe njengezwe elomileyo, ngimbulale
ngokoma.

4 Angiyikuhawukela abantwana bakhe, ngokuba bangabantwana bobufebe.

5 Ngokuba unina ufebile, ngokuba wathi: Ngiyakulandela izithandwa zami
ezinginika isinkwa sami namanzi ami, uboya bami bezimvu nefilakisi lami,
amafutha ami nokuphuza kwami.

6 Ngalokho bhekani, ngiyakuvimbela indlela yakho ngameva, ngakhe ugange
ngakuye, ukuze angafumani imikhondo yakhe.

7 Uyakulandela izithandwa zakhe, kepha akayikuzifica; uyakuzifuna, kepha
akayikuzifumana; abesethi: Ngiyakuhamba ngibuyele endodeni yami
yokuqala, ngokuba kwakukuhle kimi lapho kunamanje.

8 Kepha akazanga ukuthi yimina engamnika amabele, newayini elisha,
namafutha, ngamandisela isiliva negolide abenza ngakho uBali.

9 Ngalokho ngiyakubuye ngithabathe amabele ami ngesikhathi sawo,
newayini lami elisha ngenkathi yalo, ngisuse uboya bami bezimvu nefilakisi
lami lokusibekela ubunqunu bakhe.

10 Sengiyakwambula ihlazo lakhe emehlweni ezithandwa zakhe;
akuyikubakho omophula esandleni sami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Ngiyakwenza ukuba iphele yonke intokozo yakhe, imikhosi yakhe, nokwethwasa kwenyanga, namasabatha akhe, nayo yonke imikhosi yakhe emisiweyo.

12 Ngiyakuchitha imivini yakhe nemikhiwane yakhe ashilo ngakho, wathi: Kuyinkokhelo yami ezinginikile yona izithandwa zami; ngiyakukwenza kube yihlathi, izilwane zasendle zikudle.

13 Ngiyakumhambela ngenxa yezinsuku zawoBali owabashisela ngazo impepho, wahloba ngamacici akhe nangezinto zakhe ezinhle, wazilandela izithandwa zakhe, wangikhohlwa, usho uJehova.

14 Ngalokho bhekani, ngiyakumyenga, ngimyise ehlane, ngimqunge isibindi.

15 Lapho ngiyakumnika izivini zakhe, nesigodi sase-Akori sibe ngumnyango wethemba; uyakuphendula lapho njengasezinsukwini zobusha bakhe nasosukwini lokukhuphuka kwakhe ezweni laseGibithe.

16 Kuyakuthi ngalolo suku, usho uJehova, ungibize ngokuthi: YiNdoda yami, ungasangibizi ngokuthi: NguBali wami.

17 Ngiyakususa amagama awoBali emlonyeni wakhe, bangabe besakhunjulwa ngamagama abo.

18 Ngalolo suku ngiyakubenzela isivumelwano nezilwane zasendle, nezinyoni zezulu nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni, ngaphule umnsalo nenkemba nokulwa ukuba kusuke ezweni, ngibalalise belondekile.

19Ngiyakuzimisela wena ube ngumkami kuze kube phakade, ngizimisele wena ngokulunga, nangokwahlulela, nangomusa, nangobubele.

20 Ngiyakuzimisela wena ngokuthembeka ube ngumkami; uyakumazi uJehova.

21 Kuyakuthi ngalolo suku ngiphendule, usho uJehova, ngiphendule amazulu, wona aphendule umhlaba.

22Umhlaba uyakuphendula amabele, newayini elisha, namafutha, khona kuphendule uJizreyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

23 Ngiyakuzitshalela yena ezweni, ngihawukele ongahawukelwanga, ngithi kwababengesibo abantu bami: Ningabantu bami, bona bathi: UnguNkulunkulu wethu.

## UHoseya 3

1 UJehova wathi kimi: Hamba futhi, umthande owesifazane othandwa ngumngane wakhe, eyisiphingikazi, njengalokhu uJehova ethanda abantwana bakwa-Israyeli, noma bephendukela kwabanye onkulunkulu, bethanda izigaxa zezithelo zomvini ezomileyo.

2 Ngase ngizithengela yena ngezinhlamvu eziyishumi nanhlanu zesiliva, nangehomere lebhali, nangenxenye yehomere lebhali,

3 ngathi kuye: Uyakuhlala kimi izinsuku eziningi, ungafebi, ungabi ngowomunye, nami ngibe njalo kuwe.

4 Ngokuba izinsuku eziningi abantwana bakwa-Israyeli bayakuhlala bengenankosi, bengenasikhulu, bengenamhlatshelo, bengenansika, bengenangubo yamahlombe namatherafi.

5 Ngasemuva abantwana bakwa-Israyeli bayakubuya, bamfune uJehova uNkulunkulu wabo noDavide inkosi yabo, babuyele kuJehova benovalo nakukho okuhle kwakhe ngezinsuku ezizayo.

## UHoseya 4

### Ukusolwa kwabantu bakwa-Israyeli

1 Yizwani izwi likaJehova nina bantwana bakwa-Israyeli, ngokuba uJehova unokuphikisana nabakhileyo ezweni, lokhu kungekho qiniso, namusa, nakumazi uNkulunkulu ezweni.

2 Kukhona ukufunga nokuqamba amanga, nokubulala, nokweba, nokuphinga; bayafohla, izingazi zilandele izingazi.

3 Ngalokho izwe liyakudabuka, bonke abakhe kulo badangale kanye nezilwane zasendle nezinyoni zezulu; yebo, nezinhlanzi zolwandle ziyakususwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Makungabikho ophikisana nomunye, asole omunye; nokho abantu bakho bayakuphikisana nabapristi.

5Mpristi, uyakukhubeka emini, kukhubeke umprofethi kanye nawe ebusuku; nonyoko ngiyakumbhubhisa.

6 Abantu bami babhujiswa ngokuswela ukwazi; ngokuba ukulahlile ukwazi nami ngiyakukulahla wena, ungabi ngumpristi wami; lokhu ukhohliwe umthetho kaNkulunkulu wakho nami ngiyakukhohlwa abantwana bakho.

7Njengokwanda kwabo, kanjalo bona kimi; udumo lwabo ngiyakulwenana ngehlazo.

8Badla izono zabantu bami, babhekisa umphefumulo wabo ebubini babo.

9 Kuyakuthi njengabantu abe njalo umpristi: ngiyakubahambela ngenxa yezindlela zabo, ngibuyisele kubo izenzo zabo.

10 Bayakudla, bangasuthi kodwa; bayakufeba, bangandi kodwa, ngokuba bayekile ukumnakekela uJehova.

11 Ubufebe newayini newayini elisha kususa umqondo.

12 Abantu bami babuza emthini, induku yabo ibatshele, ngokuba umoya wobufebe ubadukisile, basuka phansi kukaNkulunkulu wabo ngokufeba.

13 Bayahlabela eziqongweni zezintaba, bashisa impepho emagqumeni, phansi kwama-oki nemipopula nemitherebinte, ngokuba umthunzi wakho muhle; kungalokho amadodakazi enu ayafeba, nawomakoti benu bayaphinga.

14 Angiyikuwajezisa amadodakazi enu, lapho efeba, nawomakoti benu lapho bephinga, ngokuba namadoda achezukela iziphingi, ahlaba kanye nezifebe zethempeli. Kanjalo abantu abangenangqondo bayakuwiswa.

15 Noma wena Israyeli ufeba, uJuda makangazitholeli icala; ningayi eGiligali, ningenyukeli eBeti Aveni, ningafungi ngokuthi: Kuphila kukaJehova.

16Ngokuba u-Israyeli unenkani njengesithole; uJehova angabelusa njengemvana endaweni ebanzi na?

17U-Efrayimi uhlangene nezithombe; myeke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Ukuphuza kwabo sekuphelile; bayafeba nokufeba; izikhulu zabo
zithandisisa ihlazo.

19Umoya ubasongile ngamaphiko awo; bayakujabha ngemihlatshelo yabo.

**UHoseya 5**

### Ukukhohlisa kuka-Israyeli

1 Yizwani lokhu nina bapristi, nilalele nina ndlu ka-Israyeli, nibeke indlebe
nina ndlu yenkosi, ngokuba ukwahlulela kukinina, lokhu nanilugibe eMispa
nenetha elenekwe eThabori.

2Abahlubuki bashone phansi ngokuhlaba kwabo, kepha ngingumlayi wabo
bonke.

3Ngiyamazi mina u-Efrayimi, u-Israyeli akafihlekile kimi, ngokuba manje,
Efrayimi, ufebile, u-Israyeli uzingcolisile.

4 Abenzi izenzo zokuba babuyele kuNkulunkulu, ngokuba umoya wobufebe
uphakathi kwabo, noJehova abamazi.

5 Ukuzidla kuka-Israyeli kuyafakaza ebusweni bakhe; o-Israyeli no-Efrayimi
bayakukhubeka ngobubi babo; naye uJuda uyakukhubeka kanye nabo.

6Bayakuhamba nezimvu zabo nezinkomo zabo ukuyofuna uJehova; kepha
abayikumfumana; umonyukile kubo.

7 Bamkhohlisile uJehova, ngokuba bazalile abantwana abangabafokazi;
manje inyanga eyethwasayo iyakubadla kanye nezabelo zabo.

8 Bethani umtshingo eGibeya necilongo eRama; hlabani umkhosi eBeti Aveni:
basemva kwakho, Benjamini!

9U-Efrayimi uyakuba yincithakalo ngosuku lokujeziswa, ngazisile izizwe
zakwa-Israyeli okuqinisekileyo.

10 Izikhulu zakwaJuda zinjengabasusa imincele; ngiyakuthulula phezu kwazo
intukuthelo yami njengamanzi.

11U-Efrayimi ucindezelekile, uchotshoziwe ekwahlulelweni, ngokuba wavuma
ukulandela umyalo oyize.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[12]Mina-ke senginjengenundu ku-Efrayimi, nanjengokubola kuyo indlu yakwaJuda.

[13] Lapho u-Efrayimi abona isifo sakhe noJuda isilonda sakhe, u-Efrayimi waya e-Asiriya, wathumela enkosini uJarebi; kepha ingeniphulukise, ayinakusipholisa isilonda senu.

[14] Ngokuba ngiyakuba njengengonyama ku-Efrayimi, nebhongo lengonyama kuyo indlu yakwaJuda; mina yebo, mina ngiyakudwengula, besengimuka; ngiyakususa, kungekho owophulayo.

[15]Ngiyakuhamba, ngibuyele endaweni yami, baze bazithwese icala labo, bafune ubuso bami; osizini lwabo bayakungifunisisa.

## UHoseya 6

### Abakwa-Israyeli bayabizwa ukuba baphenduke

[1] Wozani sibuyele kuJehova, ngokuba yena usidwengulile; uyakusiphulukisa; usishayile, uyakusibopha.

[2]Uyakusiphilisa ngezinsuku ezimbili, asivuse ngosuku lwesithathu, siphile phambi kwakhe.

[3]Masimazi, sijonge ukumazi uJehova; ukuphuma kwakhe kuqinisekile njengokusa; uyakufika kithi njengemvula, njengemvula yamuva enethisa umhlaba.

[4] Ngiyakwenzani kuwe Efrayimi, ngiyakwenzani kuwe Juda, na? Uthando lwenu lunjengefu lokusa nanjengamazolo amuka ekuseni.

[5]Ngalokho ngiyabashaya ngabaprofethi, ngibabulale ngamazwi omlomo wami, ukwahlulelwa kwakho kuqhame ekukhanyeni.

[6] Ngokuba ngifuna uthando, hhayi umhlatshelo; ngifuma ukumazi uNkulunkulu kuneminikelo yokushiswa.

[7]Kepha baseqile isivumelwano njengo-Adamu; bangikhohlisa ngalokho.

[8] IGileyadi lingumuzi wabenza okubi, linemikhondo yegazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Njengabaphangi beqamekela umuntu, isigaba sabapristi siyabulalala endleleni eya eShekemi, yebo, benza okunengekayo.

10 Endlini yakwa-Israyeli ngibonile into eyesabekayo: kukhona ubufebe kwa-Efrayimi, u-Israyeli ungcolile.

11 Nawe Juda ulungiselwe ukuvunwa, lapho ngibuyisa ukuthunjwa kwabantu bami.

## UHoseya 7

### Ukungazisoli kuka-Israyeli

1 Lapho bengiyakumphulukisa u-Israyeli, bambulelwa ububi buka-Efrayimi nokubi kweSamariya, ngokuba benza inkohliso, amasela ayafohla, nabaphangi baphanga ngaphandle.

2 Abacabangi ezinhliziyweni zabo ukuthi ngiyakhumbula konke okubi kwabo; sebezungeziwe yizenzo zabo, ziphambi kobuso bami.

3 Ngobubi babo bayathokozisa inkosi, nezikhulu ngamanga abo.

4 Bayiziphingi bonke; banjengeziko elishiswa ngumphekisinkwa oyeka ukukhwezela kusukela ekuxovweni kwenhlama kuze kube sekubileni kwayo.

5 Ngosuku lwenkosi yethu izikhulu zazigulisa ngokushisa kwewayini; yona yayiselulela izideleli isandla.

6 Lapho sebeshisile izinhliziyo zabo ngamacebo zibe njengeziko, umphekisinkwa wabo ulala ubusuku bonke; ekuseni liyavutha njengomlilo wamalangabi.

7 Bonke bashisa njengeziko, badla abahluleli babo; onke amakhosi abo ayawa, kungekho phakathi kwabo ongibizayo.

8 U-Efrayimi uyazihlanganisa nabanye abantu: u-Efrayimi uyiqebelengwane elingaphendulwanga.

9 Abafokazi badlile amandla akhe, kepha yena akazi; izimvi zikhahlele kuye, kepha yena akazi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Ukuzidla kuka-Israyeli kuyafakaza ebusweni bakhe, nokho ababuyelanga kuJehova uNkulunkulu wabo, abamfunanga kukho konke lokhu.

11 U-Efrayimi unjengejuba elidukiswayo lingenangqondo; bayabiza iGibithe, baya e-Asiriya.

12 Lapho sebehamba, ngiyabenekela inetha lami, ngibehlise njengezinyoni zezulu, ngibajezise njengokuzwakeleyo ebandleni labo.

13 Maye kubo, ngokuba bangibalekele! Makube ngukuchithwa kubo, ngokuba baphambukile kimi! Bengiyakubahlenga mina labo abakhulume amanga ngami na?

14 Abakhalanga kimi ngezinhliziyo zabo, kepha bahhewula emibhedeni yabo; banovalo ngamabele abo nangewayini labo, kepha mina bayangihlubuka.

15 Mina-ke ngafundisa, ngaqinisa izingalo zabo, nokho baceba okubi ngami.

16 Bayabuyela, kepha hhayi kongaPhezulu, bafana nomnsalo ogejayo; izikhulu ziyakuwa ngenkemba ngenxa yolaka lolimi lwabo. Lokhu kuyakuba yinhlekiso yabo ezweni laseGibithe.

## UHoseya 8

### Ukuhlwanyela umoya nokuvuna isivunguvungu

1 Beka icilongo emlonyeni wakho; onjengokhozi wehlela indlu kaJehova; ngokuba beqile isivumelwano sami, baphambuka emthethweni wami.

2 Bakhala kimi ngokuthi: Nkulunkulu wethu, thina Israyeli siyakwazi.

3 U-Israyeli ukulahlile okuhle; isitha siyakumxosha.

4 Bona bazibekela amakhosi engavelanga kimi; bamisa izikhulu, ngingazi; isiliva labo negolide labo bakwenza kwaba yizithombe zabo, ukuze banqunywe.

5 Ithole lakho, Samariya, linengekile; intukuthelo yami iyabavuthela; koze kube nini bengakwazi ukuba msulwa na?

6 Ngokuba livela ku-Israyeli; umkhandi walenza, alisiye uNkulunkulu; yebo, ithole laseSamariya liyakuba yizihlephu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Ngokuba bahlwanyele umoya, bayakuvuna isivunguvungu; izele alinahlumela, alivezi impuphu; uma liyiveza, iyakuqedwa ngabafokazi.

8 U-Israyeli uyagwinywa; manje sebephakathi kwabezizwe njengesitsha okungekho intokozo kuso.

9 Ngokuba benyukele e-Asiriya bezihambele njengezimbongolo zasendle; u-Efrayimi uyaqasha ngenkokhelo yothando.

10 Noma beqasha phakathi kwabezizwe, manje sengiyakubabutha, bakhululwe kancane emthwalweni wenkosi yezikhulu.

11 Ngokuba u-Efrayimi wandisile ama-altare aba ngukona; ama-altare ayakuba ngukona kuye.

12 Noma ngimlobela imithetho yami kaningi, iyashaywa okungaziwayo.

13 Imihlatshelo yeminikelo yami bayihlaba, bayidle inyama, kepha uJehova akayenameli. Useyakhumbula ububi babo, abahambele ngezono zabo, babuyele eGibithe.

14 Ngokuba u-Israyeli ukhohliwe uMdali wakhe, wakha izindlu zamakhosi, noJuda wandisile imizi ebiyelweyo, ngiyakuthuma umlilo emizini yakhe, uqede izindlu zayo zobukhosi.

## UHoseya 9

### Isiprofetho ngokuthunjwa

1 Ungajabuli, Israyeli, kube ngukuthokoza njengokwabezizwe, ngokuba umukile kuNkulunkulu wakho ngokufeba, wathanda inkokhelo kuzo zonke izibuya zamabele.

2 Isibuya nesikhamo sewayini akuyikubafunza, iwayini elisha liyakumkhohlisa.

3 Abayikuhlala ezweni likaJehova; u-Efrayimi uyakubuyela eGibithe, nase-Asiriya bayakudla okungcolileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Abayikuthululela uJehova iwayini; imihlatshelo yabo ayiyikuba mihle kuye, isinkwa sabo sibe njengesinkwa sabalilayo; bonke abasidlayo bayakungcola, ngokuba isinkwa sabo siyakuba ngesephango, singangeni endlini kaJehova.

5Niyakwenze njani ngosuku lomhlangano nangosuku lomkhosi kaJehova na?

6 Bhekani, ngokuba bemukile ekuchithweni iGibithe liyakubabutha, iMofi libembele; izinto zabo zamagugu zesiliva ziyakudliwa yizimbabazane, kube ngameva ematendeni abo.

7 Ziyafika izinsuku zokuhanjelwa, izinsuku zempindiselo zisondele; u-Israyeli uyakukwazi. Umprofethi uyakuba njengesiwula, umuntu onomoya ahlanye ngenxa yobuningi bobubi bakho nangobutha obukhulu;

8 umprofethi engumlindi ka-Efrayimi kanye noNkulunkulu wami, ugibe lomthiyi wezinyoni lukuzo zonke izindlela zakhe, nobutha busendlini kaNkulunkulu wakhe.

9 Bazonakalisile ngokujulileyo njengasezinsukwini zaseGibeya; uyakhumbula ububi babo, uyabahambela ngezono zabo.

10 Ngamfumana u-Israyeli njengezithelo zomvini ehlane, ngabona oyihlo njengolibo emkhiwaneni ngesikhathi sawo sokuqala. Kepha bafika eBali Peyori, bazahlukanisela okunezinhloni, baba yizinengiso njengalokho abakuthandayo.

11Udumo luka-Efrayimi luyakundiza, lumuke njengenyoni, kungabikho ukuzala, nonesisu, nokukhulelwa.

12Noma bekhulisa abantwana babo, nokho ngiyakubaphuca bona kungasali muntu; yebo, maye kubo, lapho ngimuka kubo!

13U-Efrayimi, njengalokho ngibone eTire, utshalwe endaweni emnandi, kepha u-Efrayimi uyakukhiphela umbulali abantwana bakhe.

14 Banike, Jehova uyakunikani? Banike isisu esiphuphumayo namabele omileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Bonke ububi babo buseGiligali; ngalokho ngabazonda khona; ngenxa yobubi bezenzo zabo ngiyakubaxosha endlini yami, angisayikubathanda; zonke izikhulu zabo zingabahlubuki.

16U-Efrayimi ushayiwe, impande yabo yomile, abayikuthela izithelo. Noma bezala, ngiyakubulala okuthandekayo kwesisu sabo.

17UNkulunkulu wami uyakubalahla, ngokuba abamlalelanga, babe ngabazulazulayo phakathi kwabezizwe.

## UHoseya 10

### Isijeziso ngokungathembeki kuka-Israyeli

1 U-Israyeli wayengumvini owenabileyo, ngokobuningi bezithelo zakhe wandisa ama-altare akhe; ngokobuhle bezwe lakhe wenza izinsuku ezinhle.

2Inhliziyo yabo yayahlukene; uyakuwaphula ama-altare abo, achithe izinsika zabo.

3Yebo, manje bayakuthi: Asinankosi, ngokuba asimesabanga uJehova; kepha inkosi ingasenzelani na?

4Bakhuluma amazwi nje, befunga amanga, benza isivumelwano; bese kumila ukwahlulela njengenhlungunyembe emiseleni yamasimu.

5 Abakhileyo eSamariya bayakuba novalo ngenxa yamathole aseBeti Aveni, ngokuba abantu balo bayakulila ngawo, abapristi bezithombe bakhale ngawo ngenxa yodumo lwawo ukuthi lumukile kuwo.

6 Iyakuyiswa e-Asiriya ibe yisipho kuyo inkosi uJarebi; u-Efrayimi uyakwamukela ihlazo, u-Israyeli ajabhe ngeziluleko zakhe.

7Inyamalele inkosi yaseSamariya njengebazelo ebusweni bamanzi.

8 Izindawo eziphakemeyo zase-Aveni, isono sakwa-Israyeli, ziyakuchithwa; ameva namakhakhasi ayakukhuphukela ema-altare abo; bayakuthi kuzo izintaba: Sisibekeleni, nakuwo amagquma: Welani phezu kwethu.

9 Kwasezinsukwini zaseGibeya wonile, Israyeli; bema khona; impi nabo abobubi ayiyikubafica eGibeya na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Lapho ngithanda, ngiyabajezisa; abantu babahlanganyele ekubabopheleni ebubini obubili.

11 U-Efrayimi uyisithole esifundisiweyo, esithanda ukubhula amabele; kepha mina ngiyekile intamo yaso enhle; sengiyakumbophela u-Efrayimi, uJuda alime, uJakobe azidubele.

12 Zihlwanyeleleni ngokulunga, niyakuvuna ngomusa; qathani umqatho wenu; sekuyisikhathi sokumfuna uJehova, aze afike, anise ukulunga phezu kwenu.

13Nilime ububi, navuna okubi; nidlile izithelo zamanga, ngokuba nethemba endleleni yenu nakubo ubuningi bamaqhawe enu.

14Kuyakuvela ukuxokozela phakathi kwabantu bakho, zichithwe zonke izinqaba zakho, njengalokho uShalimani achitha iBeti Aribeli ngosuku lokulwa, unina echotshozwa phezu kwabantwana.

15Kanjalo iBethele liyakwenza kini ngenxa yobubi benu obukhulu; ekuseni inkosi yakwa-Israyeli iyakunqunywa nokunqunywa.

## UHoseya 11

### Ukuthandwa kuka-Israyeli nguNkulunkulu

1 Lapho u-Israyeli esengumntwana ngamthanda, ngayibiza indodana yami iphume eGibithe.

2Lapho bebabiza, kwaba yilokhu besuka kubo; babahlabela oBali, bashisela izithombe ezibaziweyo impepho.

3 Nokho mina ngamcathulisa u-Efrayimi; ngabaphatha ngezingalo zami, kepha abazanga ukuthi ngabaphulukisa.

4Ngabadonsa ngezintambo zomuntu, ngamagoda othando; ngaba kubo njengophakamisa ijoka entanyeni yabo, ngagobela kubo, ngabanika ukudla.

5 Abayikubuyela ezweni laseGibithe, owase-Asiriya abe yinkosi yabo, ngokuba benqaba ukubuya, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Inkemba iyakutheleka emizini yabo, iqede imigoqo yayo, ibadle ngenxa yeziluleko zabo.

7Abantu bami bahlose ukuhlehla kimi; noma bebabizela kongaPhezulu kangakanani, akakho oziphakamisayo.

8 Ngingakunikela kanjani, Efrayimi, ngikukhaphele, Israyeli, na? Ngingakwenza kanjani ube njenge-Adima, ngikubeke ufane neSeboyimi, na? Inhliziyo iyaphenduka phakathi kwami, sonke isihawu sami sivusiwe.

9 Angiyikwenza ukufutheka kwentukuthelo yami, ngingabuyeli ukumchitha u-Efrayimi, ngokuba ngingu Nkulunkulu, angisiye umuntu; ngingoNgcwele phakathi kwenu, angiyikufika ngolaka.

10 Bayakulandela uJehova oyakubhonga njengengonyama, ngokuba uyakubhonga, abantwana bakhe bavele entshonalanga ngokuthuthumela.

11Bayakuvela ngokuthuthumela eGibithe njengezinyoni, nanjengejuba ezweni lase-Asiriya, ngibahlalise ezindlini zabo, usho uJehova.

12U-Efrayimi ungizungezile ngamanga, nendlu yakwa-Israyeli ngenkohliso; uJuda usazulazula kuNkulunkulu nakoNgcwele othembekileyo.

## UHoseya 12

### Ukungathembeki kuka-Efrayimi

1 U-Efrayimi uyadla umoya, ulandela umoya wasempumalanga; uyandisa imihla yonke amanga nencithakalo; benza isivumelwano ne-Asiriya, namafutha ayiswa eGibithe.

2UJehova unokuphikisana noJuda futhi; uyakuhambela uJakobe ngenxa yezindlela zakhe, ambuyisele ngokwezenzo zakhe.

3 Esiswini wabamba umfowabo ngesithende, nasebudodeni bakhe walwa noNkulunkulu;

4 walwa nengelosi, wanqoba; wakhala, wanxusa kuyo; yamfumana eBethele, yakhuluma naye lapho.

5 NguJehova uNkulunkulu Sebawoti, nguJehova igama lakhe lodumo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Ngalokho buyela wena kuNkulunkulu wakho, ugcine umusa nokulunga, ulindele uNkulunkulu wakho njalonjalo.

7IKhanani linesilinganiso esikhohlisayo esandleni salo, lithanda ukukhahlameza.

8 U-Efrayimi uthi: Impela ngicebile, ngithole imfuyo; kukho konke ukuzuza kwami abayikufumana bubi obuyisono.

9 Kepha mina nginguJehova uNkulunkulu wakho kwasezweni laseGibithe; ngisezakukuhlalisa ematendeni njengasezinsukwini zemikhosi emisiweyo.

10 Ngikhulumile kubaprofethi, ngandisile imibono, ngifanekisile ngesandla sabaprofethi.

11 Uma iGileyadi linobubi, impela bayakuba ngabachithiwe; uma behlabela izinkunzi eGiligali, ama-altare abo ayakuba njengezinqwaba ngasemiseleni yamasimu.

12 UJakobe wabalekela ezweni lase-Aramu, u-Israyeli wakhonzela umfazi, walusa umhlambi ngenxa yomfazi.

13 UJehova wakhuphula u-Israyeli eGibithe ngomprofethi, wagcinwa ngomprofethi.

14U-Efrayimi ucunulile ngokubabisayo; icala lakhe legazi liyakuphonswa phezu kwakhe; iNkosi yakhe ibuyisele kuye ihlazo lakhe.

## UHoseya 13

### UNkulunkulu ulusizo olulodwa luka-Israyeli

1Lapho u-Efrayimi ekhuluma, kwavela ukuthuthumela; wayephakeme kwa-Israyeli, kepha wazitholela icala ngoBali, wafa.

2 Manje benezela ekoneni, bazenzele imifanekiso ebunjiweyo ngesiliva labo nezithombe ngokuqonda kwabo, zonke ziyimisebenzi yezinyanga; bakhuluma ngabo, bathi: Bahlaba abantu, kepha banga amathole.

3 Ngalokho bayakuba njengamafu okusa, nanjengamazolo amuka ekuseni, nanjengamakhoba aphephethwa esibuyeni nomusi ophuma ngefasitele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Nokho nginguJehova uNkulunkulu wakho kwasezweni laseGibithe;
ngaphandle kwami awazi Nkulunkulu, nomsindisi akakho ngaphandle
kwami.

5 Mina ngakwazi ehlane ezweni lokoma.

6 Basutha njengamadlelo abo; basutha, nenhliziyo yabo yaphakama; ngalokho
bangikhohliwe.

7 Ngase ngiba njengengonyama kubo, ngiqamekela endleleni njengengwe.

8 Ngitheleka phezu kwabo njengebhere elaphuciwe amawundlu alo,
ngidwengula ubhedu lwenhliziyo, ngibadle njengengonyamakazi, isilwane
sasendle sibaqaqe.

9 Ngukuchithwa kwakho, Israyeli, ngokuba uphambene nami, usizo lwakho.

10 Iphi inkosi yakho manje ukuba ikusindise emizini yakho yonke; nabahluleli
bakho, wena owathi: Ngiphe inkosi nezikhulu ?

11 Ngikunike inkosi ngentukuthelo yami, ngayisusa ngolaka lwami.

12 Ububi buka-Efrayimi buboshiwe, isono sakhe sibekelelwe.

13 Imihelo yobelethayo iyakumehlela; uyindodana engahlakaniphile, ngokuba
kuyisikhathi sokuba angemi lapho kuqhamuka abantwana.

14 Ngiyakubahlenga esandleni sendawo yabafileyo, ngibahlawulele ekufeni;
ziphi izifo zakho, kufa, kuphi ukuchitha kwakho, ndawo yabafileyo, na?
Ukuguquka kufihlekile emehlweni ami.

15 Noma enezithelo phakathi kwabafowabo, kuyakufika umoya
wasempumalanga, umoya kaJehova ovela ehlane; besewujabha umthombo,
isiphethu sishe; uyakuphanga ingcebo yakhe, zonke izinto ezinxanelekayo.

16ISamariya liyakuthwala icala lalo, ngokuba lihlubukile uNkulunkulu walo;
bayakuwa ngenkemba, izingane zabo zichotshozwe, abakhulelweyo babo
baqaqwe.

## UHoseya 14

### Ukuphenduka nomusa

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1Buyela kuJehova uNkulunkulu wakho, Israyeli, ngokuba ukhubekile ngobubi bakho.

2 Thabathani amazwi, nibuyele kuJehova, nithi kuye: Susa konke okubi, wamukele okuhle, sinikele ngemilomo yethu njengangezinkunzi.

3 I-Asiriya aliyikusisindisa, asisayikukhwela amahhashi, singasasho kuyo imisebenzi yezandla zethu ukuthi ngonkulunkulu bethu, ngokuba intandane iphiwa umusa kuwe.

4 Ngiyakuphulukisa ukuhlehla kwabo, ngibathande ngesihle, ngokuba intukuthelo yami ibuyile kubo.

5Ngiyakuba njengamazolo ku-Israyeli; uyakukhahlela njengomnduze, enabise izimpande zakhe njengeLebanoni.

6Imixhantela yakhe iyakuxhantela, ubuhle bakhe bube njengomnqumo, iphunga lakhe libe njengeLebanoni.

7 Bayakubuya, bahlale emthunzini wakhe, babuye baphile njengamabele, bakhahlele njengomvini, igama lakhe lodumo libe njengomvini waseLebanoni.

8 Efrayimi, ngisenendabani nezithombe na? Mina ngiyakumphendula, ngimbheke; nginjengomsayipuresi oluhlaza, kimina izithelo zakho ziyafunyanwa.

9 Ngubani ohlakaniphile, aqonde lezi zinto; ngubani onomqondo, azazi, na? Ngokuba izindlela zikaJehova zilungile; abalungileyo bayakuhamba ngazo, kepha abaphambukayo bayakukhubeka ngazo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UJoweli

## UJoweli 1

### Izwe liyachithwa yisikhonyane

1Izwi likaJehova elafika kuJoweli indodana kaPhethuweli.

2Yizwani lokhu nina badala, nibeke indlebe nina nonke enihlezi ezweni.
Kwake kwaba khona emihleni yenu noma emihleni yawobaba na?

3Kutsheleni abantwana benu, nabantwana benu abantwana babo,
nabantwana babo esinye isizukulwane.

4Okushiywe yisibotho kudliwe yisikhonyane, nokushiywe yisikhonyane
kudliwe yizinkumbi, nokushiywe yizinkumbi kudliwe yinkasa.

5Phaphamani, zidakwa, nikhale, nihhewule nonke eniphuza iwayini ukuthi
iwayini linqanyulelwe emlonyeni wenu.

6Ngokuba kwenyukele ezweni lami isizwe esinamandla nesingenakubalwa;
amazinyo aso angamazinyo engonyama, namazinyo aso emihlathi
angawengonyamakazi.

7Sichithile umvini wami, saxebula umkhiwane wami; siwuxhozile
nokuwuxhoza, sawulahla, amagatsha awo sawenza aba mhlophe.

8Khala njengentombi ebhince indwangu yamasaka ngomyeni wobusha bayo.

9 Iminikelo yempuphu neminikelo yokuphuzwa inqamukile endlini kaJehova;
abapristi, izikhonzi zikaJehova, bayalila.

10Amasimu achithekile, umhlabathi uyalila, ngokuba amabele achithiwe;
iwayini elisha lishile, amafutha ayawuma.

11 Jabhani, balimi, nihhewule nina baphathi bezivini ngokolweni nangebhali,
ngokuba isivuno samasimu sichithakele.

12Umvini ubunile, imikhiwane iwumile; imipomegranati, namasundu, nemi-
apula, nemithi yonke yasendle kubunile, ngokuba intokozo ibunile phakathi
kwamadodana abantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Bhincani, nikhale, bapristi, nihhewule, nina zikhonzi ze-altare; wozani nilale bonke ubusuku ezindwangwini zamasaka, zikhonzi zikaNkulunkulu wami, ngokuba iminikelo yempuphu neminikelo yokuphuzwa kugodliwe endlini kaNkulunkulu wenu.

14 Ngcwelisani ukuzila ukudla, nibize umhlangano; buthani amalunga, yebo, bonke abakhe ezweni, endlini kaJehova uNkulunkulu wenu, nikhale kuJehova.

15 Hawu lolo suku! Ngokuba usuku lukaJehova lusondele, lufika njengokuchitha kuvela kuSomandla.

16Akunqunywanga ukudla kwethu phambi kwamehlo ethu, intokozo nenjabulo endlini kaNkulunkulu wethu, na?

17Imbewu iyabola phansi kwamagade ayo; izingobo zichithakele, izinqolobane zidiliziwe, ngokuba amabele omile.

18Yeka, ukububula kwezilwane! Imihlambi yezinkomo ikhungathekile, ngokuba ayinadlelo, yebo, nemihlambi yezimvu izithwese icala.

19Ngikhala kuwe Jehova, ngokuba amadlelo asehlane adliwe ngumlilo, nelangabi lishisile yonke imithi yasendle.

20 Yebo, nezilwane zasendle ziyakulangazelela, ngokuba imifula yamanzi ishile, nomlilo udlile amadlelo asehlane.

## UJoweli 2

### Usuku lukaJehova

1 Bethani icilongo eSiyoni, nihlabe umkhosi entabeni yami engcwele; mabathuthumele bonke abakhe ezweni, ngokuba luyeza usuku lukaJehova, ngokuba lusondele;

2 usuku lobumnyama nolwesigayegaye, usuku lwamafu nolobumnyama obukhulu, njengokusa kwenekwe ezintabeni, abantu abaningi abanamandla abangazange babe ngabanjalo kwasendulo, nabangasoze baba ngabanjalo emva kwabo kuze kube naseminyakeni yezizukulwane ngezizukulwane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Phambi kwabo kuyadla umlilo, nasemva kwabo kushisa ilangabi; izwe liphambi kwabo njengensimu yase-Edene, nangasemva kwabo kuyihlane lencithakalo, akukho okubabalekelayo.

4Isimo sabo sinjengesimo samahhashi, bagijima njengabamahhashi.

5Bangqabashiya ngomsindo wezinqola eziqongweni zezintaba, njengokuchochoza kwelangabi lomlilo elidla amabibi nanjengabantu abanamandla, abahlelelwe ukulwa.

6 Phambi kwabo abantu bayathuthumela, bonke ubuso buyaphaphatheka.

7Bagijima njengamaqhawe, bakhwela ezingangeni njengamadoda empi; bahamba, kube yilowo nalowo ngendlela yakhe, abaphambanisi izindlela zabo.

8Abahlohlolozani omunye nomunye; bahamba, kube yilowo nalowo ngendlela yakhe; baziphonsa phakathi kwezikhali, abakhawuli.

9Batheleka emzini, bagijima ogangeni; bakhuphukela ezindlini, bangena ngamafasitele njengesela.

10 Umhlaba uyazamazama phambi kwabo, amazulu ayathuthumela; ilanga nenyanga kuphenduka ubumnyama, nezinkanyezi zisusa ukukhanya kwazo.

11UJehova uzwakalisa izwi lakhe phambi kwempi yakhe, ngokuba ibandla lakhe likhulu kakhulu, nowenza izwi lakhe unamandla; yebo, usuku lukaJehova lukhulu, luyesabeka kakhulu; ngubani ongaluthwala na?

12 Kepha manje, usho uJehova, phendukelani kimi ngenhliziyo yenu yonke, nangokuzila ukudla, nangokukhala, nangokulila.

13 Niklebhule inhliziyo yenu, hhayi izingubo zenu, niphendukele kuJehova uNkulunkulu wenu, ngokuba yena unomusa, unobumnene, wephuza ukuthukuthela, unesihe esikhulu, uhawukela nomubi.

14 Ngubani owaziyo uma engayikubuya, ahawukele, ashiye isibusiso emva kwakhe, kube ngumnikelo wempuphu nomnikelo wokuphuzwa kuJehova uNkulunkulu wenu, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Bethani icilongo eSiyoni, ningcwelise ukuzila ukudla, nibize umhlangano;

16 buthani abantu, ningcwelise ibandla, niqoqe abadala, nibuthe izingane
nabancelayo; umyeni makaphume ekamelweni lakhe, nomakoti emgonqweni
wakhe.

17 Abapristi, izikhonzi zikaJehova, mabakhale phakathi kompheme ne-altare,
bathi: Hawukela abantu bakho, Jehova, unganikeli isabelo sakho sibe
yinhlamba, ukuze abezizwe bababhinqe; yini ukuba basho phakathi
kwabantu, bathi: Uphi uNkulunkulu wabo na?

18UJehova wayesehawukela izwe lakhe, wabahawukela abantu bakhe.

19 UJehova waphendula, wathi kubantu bakhe: Bhekani, ngiyakunithumela
amabele, newayini, namafutha, nisuthe ngakho, ngingabe ngisanenza
inhlamba phakathi kwabezizwe.

20 Ngiyakudedisela kude nani owasenyakatho, ngimxoshele ezweni elomileyo
nelichithakeleyo, ubuso bakhe bube ngaselwandle lwasempumalanga, umuva
wakhe ube ngaselwandle lwasentshonalanga, kukhuphuke ukunuka kwakhe,
kwenyuke iphunga lakhe elibi; ngokuba wenzile izinto ezinkulu.

21Ungesabi, lizwe; jabula, uthokoze, ngokuba uJehova wenzile izinto
ezinkulu.

22Ningesabi, zilwane zasendle, ngokuba amadlelo asehlane ayahluma,
nemithi ithela izithelo, umkhiwane nomvini kuveza amandla akho.

23 Jabulani, bantwana baseSiyoni, nithokoze kuJehova uNkulunkulu wenu,
ngokuba uninika imvula yokuqala ngokulunga, unehlisela imvula, eyokuqala
neyamuva, njengasekuqaleni.

24 Izibuya ziyakugcwala amabele, nezikhongozelo ziyakuchichima iwayini
namafutha.

25 Ngiyakubuyisela kini iminyaka eyadliwa yisikhonyane, nezinkumbi,
nenkasa, nesibotho, impi yami enkulu engayithuma phakathi kwenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26Niyakudla nokudla, nisuthe, nilidumise igama likaJehova uNkulunkulu wenu oniphathe ngokumangalisayo; abantu bami abayikujabha kuze kube phakade.

27 Niyakwazi ukuthi ngiphakathi kuka-Israyeli nokuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu, akakho omunye; abantu bami abayikujabha kuze kube phakade.

28 Kuyakuthi ngasemuva ngithulule uMoya wami phezu kwayo yonke inyama; amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha, abadala benu baphuphe amaphupho, izinsizwa zenu zibone imibono;

29naphezu kwezinceku nezincekukazi ngalezo zinsuku ngiyakuthulula uMoya wami.

30Ngiyakuveza izimangaliso ezulwini nasemhlabeni, igazi, nomlilo, nezinsika zomusi.

31Ilanga liyakuphenduka ubumnyama, inyanga ibe yigazi, lungakafiki usuku olukhulu nolwesabekayo lukaJehova.

32 Kuyakuthi bonke ababiza igama likaJehova bakhululwe, ngokuba entabeni yaseSiyoni naseJerusalema kuyakuba ngabasindileyo, njengalokho eshilo uJehova, naphakathi kwabaseleyo kube ngababizwa nguJehova.

## UJoweli 3

### Ukwahlulelwa kwezizwe

1 Ngokuba ngalezo zinsuku nangaleso sikhathi, lapho ngiyakubuyisa ukuthunjwa kukaJuda neJerusalema,

2ngiyakubutha zonke izizwe, ngizehlisele esigodini sikaJehoshafati, ngahlulelane nazo khona ngenxa yabantu bami nesabelo sami u-Israyeli, ezibahlakazile phakathi kwezizwe, zabela izwe lami.

3Zenza inkatho ngabantu bami, zanika umfana ngesifebe, zathengisa ngentombazana ngenxa yewayini, zaliphuza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Niyini kimi, nina Tire neSidoni, nayo yonke imikhawulo yaseFilistiya na?
Niyakungibuyisela utho na? Uma ningibuyisela utho ngiyakushesha
ngibuyisele masinyane phezu kwekhanda lenu izenzo zenu,

5njengalokho nithathile isiliva lami negolide lami, nangenisa izinto zami
ezinhle emathempelini enu,

6nathengisa ngabantwana bakwaJuda nangabantwana baseJerusalema
kumadodana aseJavani ukuba nibadedisele kude nemikhawulo yabo.

7 Bhekani, ngiyakubavusa endaweni enithengisile kuyo ngabo, ngibuyisele
ekhanda lenu isenzo senu.

8Ngiyakuthengisa ngamadodana enu nangamadodakazi enu esandleni
sabantwana bakwaJuda, bona bathengise ngabo kumaSheba, isizwe esikude,
ngokuba uJehova ukhulumile.

9Memezelani lokhu phakathi kwabezizwe, ningcwelise impi, niwavuse
amaqhawe; mawasondele, enyuke onke amadoda empi.

10 Khandani amakhuba enu abe yizinkemba, ocelemba benu babe
yimikhonto, obuthakathaka asho ukuthi ngiyiqhawe.

11 Sheshani nifike nina bezizwe zonke nxazonke, nibuthane, wehlisele khona
amaqhawe akho, Jehova.

12 Mabazivuse abezizwe, benyukele esigodini sikaJehoshafati, ngokuba
ngahlulele bonke abezizwe nxazonke.

13 Fakani isikela, ngokuba okuzakuvunwa sekuvuthiwe; ngokuba isikhamo
sewayini sigcwele, nezikhongozelo ziyachichima, ngokuba ububi babo
bukhulu.

14Yizixuku ngezixuku esigodini sokwahlulela, ngokuba usuku lukaJehova
lusondele esigodini sokwahlulela.

15 Ilanga nenyanga kuba mnyama, izinkanyezi zisusa ukukhanya kwazo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

16 UJehova uyaduma eseSiyoni, ezwakalise izwi lakhe eseJerusalema; izulu nomhlaba kuyazamazama, kepha uJehova uyisiphephelo sabantu bakhe, nenqaba yabantwana bakwa-Israyeli.

17 Bese nikwazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu engihlala eSiyoni, intaba yami engcwele; iJerusalema liyakuba ngcwele, abafokazi abasayikulidabula.

18 Kuyakuthi ngalolo suku izintaba ziconse iwayini elimnandi, amagquma agobhoze ubisi, yonke imifula yakwaJuda igobhoze amanzi; kuyakuvela umthombo endlini kaJehova oyakunisela isigodi saseShithimi.

19 IGibithe liyakuba yincithakalo, u-Edomi abe yihlane lencithakalo ngenxa yendluzula eyenziwe kubantwana bakwaJuda, ngokuba bachithile igazi elingenacala ezweni labo.

20Kepha uJuda uyakuhlala kuze kube phakade, neJerusalema ezizukulwaneni ngezizukulwane.

21 Ngiyakuphindisela igazi labo engingakaliphindiseli, ngokuba uJehova wakhile eSiyoni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# U-Amose

## U-Amose 1

### Iziprofetho ngokwahlulelwa kwezizwe

1 Amazwi ka-Amose owayephakathi kwabelusi baseThekhowa, owabonayo ngo-Israyeli emihleni ka-Uziya, inkosi yakwaJuda, nasemihleni kaJerobowamu indodana kaJowashi, inkosi yakwa-Israyeli, iminyaka emibili ngaphambi kokuzamazama komhlaba.

2 Wathi: UJehova uyaduma eseSiyoni, ezwakalise izwi lakhe eseJerusalema; amadlelo abelusi ayakulila, nesiqongo saseKarmeli siyakubuna.

3 Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zaseDamaseku, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba babhula iGileyadi ngezibhulo ezibukhali zensimbi.

4 Kepha ngiyakuthuma umlilo endlini kaHazayeli, uqede izindlu zobukhosi zikaBeni Hadadi.

5 Ngiyakwaphula imigoqo yaseDamaseku, nginqume abakhileyo eBikati Aveni, nophethe intonga eBeti Edene, abantu base-Aramu bathunjelwe eKhiri, usho uJehova.

6 Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zaseGaza, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba bathumba abantu ngokuthumba okupheleleyo ukuba babakhaphele ku-Edomi.

7Kepha ngiyakuthuma umlilo ogangeni lwaseGaza, uqede izindlu zalo zamakhosi.

8 Ngiyakunquma abakhileyo e-Ashidodi, nophethe intonga e-Ashikeloni, ngiphendulele isandla sami e-Ekroni; nensali yamaFilisti iyakuphela, isho iNkosi uJehova.

9 Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zaseTire, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba bakhaphela abantu ngokuthumba okupheleleyo ku-Edomi, bangakhumbuli isivumelwano sabazalwane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

10 Kepha ngiyakuthuma umlilo ogangeni lwaseTire, uqede izindlu zalo
zamakhosi.

11 Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zakwa-Edomi,
yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba wamxosha umfowabo
ngenkemba, walahla isihe sakhe, wagcina ulaka lwakhe, wayilondoloza
intukuthelo yakhe.

12 Kepha ngiyakuthuma umlilo eThemani, uqede izindlu zamakhosi
zaseBosira.

13 Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zabantwana
bakwa-Amoni, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba baqaqile
abakhulelweyo kwaGileyadi ukuba bayenze banzi imikhawulo yabo.

14 Kepha ngiyakuphemba umlilo ogangeni lwaseRaba, uqede izindlu zalo
zamakhosi ngokumemeza ngosuku lokulwa, nangesiphepho ngosuku
lwesivunguvungu.

15 Inkosi yabo iyakuya ekuthunjweni, yona nezikhulu zayo kanyekanye, usho
uJehova.

## U-Amose 2

1 Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zakwaMowabi,
yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba washisa amathambo enkosi
yakwa-Edomi aba ngumcako.

2 Kepha ngiyakuthuma umlilo kwaMowabi, uqede izindlu zamakhosi
zaseKeriyote, uMowabi afe ngokuxokozela, nangokumemeza, nangokukhala
kwecilongo.

3 Ngiyakunquma umahluleli phakathi kwakhe, ngibulale zonke izikhulu zakhe
kanye naye, usho uJehova.

4 Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zakwaJuda,
yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba bawulahlile umthetho

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kaJehova, abagcinanga izimiso zakhe, namanga abo abadukisile, abawalandelayo nawoyise.

5Kepha ngiyakuthuma umlilo kwaJuda, uqede izindlu zamakhosi zaseJerusalema.

6 Usho kanje uJehova, uthi: Ngenxa yeziphambeko ezintathu zakwa-Israyeli, yebo, ngenxa yezine, angiyikuguquka, ngokuba bathengisile olungileyo ngesiliva, nompofu ngamabhangqa ezicathulo.

7 Bazondelela amakhanda abampofu ukuba abe sothulini lomhlabathi, bachezukisa indlela yabathobileyo; indoda noyise baya entombininye, ukuze balihlambalaze igama lami elingcwele,

8 bacambalale ezingutsheni ezithathwe zaba yisibambiso eceleni kwawo onke ama-altare, baphuze iwayini labahlawulisiweyo endlini kaNkulunkulu wabo.

9 Nokho mina ngachitha ama-Amori ebusweni babo, akuphakama kwawo kwakunjengokuphakama kwemisedari, ayenamandla njengama-oki; kepha ngachitha nokho izithelo zawo phezulu nezimpande zawo phansi.

10 Futhi mina nganikhuphula ezweni laseGibithe, nganihambisa iminyaka engamashumi amane ehlane ukuba nidle ifa lezwe lama-Amori.

11Ngavusa kumadodana enu abaprofethi nasezinsizweni zenu amaNaziri. Akunjalo, nina bantwana bakwa-Israyeli, na? usho uJehova.

12 Kepha naphuzisa amaNaziri iwayini, ngokuthi: Ningaprofethi.

13 Bhekani, ngiyakunicindezela endaweni yenu njengengqukumbane icindezela, igcwele izithungu.

14 Onejubane uyakuswela ukubaleka; onamandla akayikuqinisa amandla akhe, neqhawe aliyikuzikhulula.

15Obambe umnsalo akayikuma; onejubane ngezinyawo zakhe kayikuzikhulula, nokhwele ihhashi akayikuzikhulula;

16onesibindi phakathi kwamaqhawe uyakubaleka ze ngalolo suku, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## U-Amose 3

### Ukujeziswa kuka-Israyeli

1Yizwani leli zwi uJehova alikhulumile ngani bantwana bakwa-Israyeli, ngawo wonke umndeni engawukhuphula ezweni laseGibithe, ngokuthi:

2 Nginazile nina kuphela emindenini yonke yomhlaba; ngalokho ngiyakunihambela ngabo bonke ububi benu.

3Kuhamba ababili kanyekanye, uma bengavumelananga, na?

4Ingonyama iyabhodla ehlathini, ingenampango, na? Ibongo lengonyama liyezwakalisa izwi lalo emphandwini walo, uma lingabambanga lutho, na?

5Inyoni iwela ogibeni emhlabathini, ingenasihibe, na? Ugibe luyaxhuma emhlabathini, lungabambanga nokubamba, na?

6 Kungabethwa icilongo emzini, bangesabi abantu, na? Umuzi ungehlelwa ngokubi, engakwenzamga uJehova, na?

7 Ngokuba iNkosi uJehova ayenzi lutho, ingayambulanga imfihlakalo yayo ezincekwini zayo abaprofethi.

8Ingonyama ibhongile, ngubani ongayikwesaba na? INkosi uJehova ikhulumile, ngubani ongayikuprofetha na?

### Ukwahlulelwa kweSamariya

9Zwakalisani ezindlini zamakhosi zase-Ashidodi, nasezindlini zamakhosi zasezweni laseGibithe, nithi: Buthanani ezintabeni zaseSamariya, nibone izidumo ezinkulu eziphakathi kwalo, nokucindezelwa okukulo.

10 Ngokuba abakwazi ukwenza okulungileyo, usho uJehova; babekelela ubudlova nokuphanga ezindlini zabo zamakhosi.

11Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Isitha siyakulihaqa izwe, sehlise kini izinqaba zenu, ziphangwe izindlu zenu zamakhosi.

12Usho kanje uJehova, uthi: Njengalokhu umalusi ophula emlonyeni wengonyama imilenze emibili noma inxenye yendlebe, kanjalo abantwana

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bakwa-Israyeli bayakophulwa, abahlala eSamariya ezingosini zezihlalo naphezu kwezingubo zikasilika zemibhede.

13 Yizwani, nifakaze ngendlu kaJakobe, isho iNkosi uJehova, uNkulunkulu Sebawoti.

14 Ngokuba mhla ngiyakumhambela u-Israyeli ngeziphambeko zakhe, ngiyakuhambela nama-altare aseBethele, kunqunywe izimpondo ze-altare, ziwe phansi.

15 Ngiyakushaya indlu yasebusika kanye nendlu yasehlobo, kuphele izindlu zophondo lwendlovu, yebo, izindlu eziningi ziyakuphela, usho uJehova.

## U-Amose 4

### Amazwi ngabesifazane baseSamariya

1 Yizwani leli zwi, nina zinkomo zaseBashani enisentabeni yaseSamariya, enicindezela abaphansi, enichoboza abampofu, enithi emakhosini enu: Lethani, siphuze.

2 INkosi uJehova ifungile ubungcwele bayo ukuthi: Bhekani, izinsuku ziyakunehlela lapho niyakususwa ngezingwegwe, nabaseleyo kini ngezindobo.

3 Niyakuphuma emifantwini, kube yilowo nalowo ngoqondene naye, nilahlwe eHermoni, usho uJehova.

### U-Israyeli akafundi

4 Wozani eBethele, niphambeke, naseGiligali, nandise iziphambeko, nilethe imihlatshelo yenu ekuseni njalo, nokweshumi kwenu kanye ngezinsuku ezintathu,

5 nishise umnikelo wokubonga ngokuvutshelweyo, nimemezele iminikelo yesihle, niyizwakalise, ngokuba nithanda kanjalo, bantwana bakwa-Israyeli, isho iNkosi uJehova.

6 Mina nganinika ukuhlanzeka kwamazinyo emizini yenu yonke nokuswela isinkwa kuzo zonke izindawo zenu, kepha anibuyelanga kimi, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

7 Futhi ngagodla kini imvula, kusasele izinyanga ezintathu ukuba kuvunwe, ngalinisa phezu komunye umuzi, komunye umuzi angilinisanga; esinye isiqephu saniselwa, nesiqephu esinganiselwanga sasha.

8 Kwase kuhamba imizi emibili noma emithathu, yaya komunye umuzi ukuyophuza amanzi, kodwa ayaneliswanga; kepha nokho anibuyelanga kimi, usho uJehova.

9 Nganishaya ngokuhamuka nesikhutha; izivande zenu, nezivini zenu, nemikhiwane yenu, neminqumo yenu eminingi kwadliwa yisibotho, kepha nokho anibuyelanga kimi, usho uJehova.

10 Nganithumela isifo ngendlela yaseGibithe, ngazibulala izinsizwa zenu ngenkemba, ngathumba amahhashi enu, ngenza ukuba ukunuka kwekamu lenu kukhuphukele nasemakhaleni enu, kepha nokho anibuyelanga kimi, usho uJehova.

11 Nganichitha njengalokho uNkulunkulu achitha iSodoma neGomora; naninjengesikhuni esophulwe emlilweni, kepha nokho anibuyelanga kimi, usho uJehova.

12 Ngalokho ngiyakwenze njalo kuwe Israyeli; njengokuba ngiyakwenza lokhu kuwe, zilungiselele ukuhlangana noNkulunkulu wakho, Israyeli.

13 Ngokuba bheka, owabumba izintaba, nowawudala umoya, otshela umuntu umqondo wakhe, owenza ukusa kube ngubumnyama, onyathela ezindaweni eziphakemeyo zomhlaba, igama lakhe linguJehova, uNkulunkulu Sebawoti.

## U-Amose 5

### U-Israyeli uyabizwa ukuba aphenduke

1 Zwanini leli zwi engiliphakamisa phezu kwenu libe yisililo ngendlu ka-Israyeli.

2 Iwile intombi yakwa-Israyeli, ayisayikuvuka; iphonsiwe phansi, akakho ongayivusa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Umuzi owaphuma uyinkulungwane uyakushiya ikhulu, nowaphuma uyikhulu uyakushiya ishumi kuyo indlu yakwa-Israyeli.

4 Ngokuba usho kanje uJehova kuyo indlu yakwa-Israyeli, uthi: Ngifuneni, niphile.

5 Kepha ningalifuni iBethele, ningangeni eGiligali, ningadlululeli eBeri Sheba, ngokuba iGiligali liyakuthunjwa nokuthunjwa, neBethele liyakuba yize.

6Funani uJehova, niphile, funa afikele indlu kaJosefa njengomlilo, udle, kungekho owucimayo eBethele.

7 Nina enihlanekezela ukwahlulela kube ngumhlonyane, nilahle phansi ukulunga;

8 nimfune owenza isiLimela neMpambano, ophendula ithunzi lokufa libe ngukusa, ayenze imini ibe mnyama njengobusuku, obiza amanzi olwandle, awathululele ebusweni bomhlaba nguJehova igama lakhe

9owenza ukuchitha ukuba kunyazime phezu kwabanamandla, nencithakalo ukuba yehlele izinqaba.

10Bayamzonda ofakazela ukulunga esangweni; okhuluma ubuqotho banengwa nguye.

11 Ngalokho, ngokuba ninyathela abampofu, namukele kuye isipho samabele, noma nakha izindlu ngamatshe abaziweyo aniyikuhlala kuzo, nokuba nitshala izivini ezinhle aniyikuphuza iwayini lazo.

12Ngokuba ngiyazi ukuthi iziphambeko zenu ziningi nokuthi izono zenu zinkulu, nina enicindezela abalungileyo, namukela umvuzo, nenichezukisa abampofu esangweni.

13 Ngalokho ohlakaniphileyo uyakuthula ngaleso sikhathi, ngokuba kuyisikhathi esibi lesi.

14Funani okuhle, hhayi okubi, ukuze niphile, abe nani uJehova uNkulunkulu Sebawoti kanjalo, njengalokhu nisho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Zondani okubi, nithande okuhle, nimise ukwahlulela esangweni; mhlawumbe uJehova uNkulunkulu Sebawoti uyakuba nomusa kuyo insali yakwaJosefa.

16 Ngalokho usho kanje uJehova uNkulunkulu Sebawoti, iNkosi, uthi: Ezigcawini zonke kuyakuba khona ukukhala, nakuzo zonke izitaladi bayakusho ukuthi: Maye, maye! babize umlimi ukuba akhale, nabaziyo izililo ukuba balile;

17nakuzo zonke izivini kuyakuba khona ukukhala, ngokuba ngiyakudlula phakathi kwakho, usho uJehova.

### Usuku lukaJehova

18 Wo kinina enifisa usuku lukaJehova! Luyakunisizani usuku lukaJehova? Lungubumnyama, alusikho ukukhanya.

19Kunjengalokhu umuntu ebalekela ingonyama, kuhlangane naye ibhere, noma engena endlini encike ngesandla odongeni, alunywe yinyoka.

20Lungubumyama usuku lukaJehova, alusikho ukukhanya, nesigayegaye okungekho kuso ukukhazimula.

21 Ngiyayizonda, ngiyayidelela imikhosi yenu, angenameli imihlangano yenu.

22 Noma ninikela kimi ngeminikelo yenu yokushiswa kanye neminikelo yenu yempuphu, angiyenameli, futhi angibheki iminikelo yenu yokubonga yamathole akhuluphalisiweyo.

23Susa kimi umsindo wezihlabelelo zakho, angiyikuzwa imvunge yezingubhu zakho.

24Kepha ukwahlulela makugobhoze njengamanzi, nokulunga njengomfula onganqamukiyo.

25 Naletha kimi imihlatshelo neminikelo yempuphu ehlane iminyaka engamashumi amane, nina ndlu ka-Israyeli, na?

26 Seniyakuthwala uSakuti inkosi yenu noKhewani inkanyezi kankulunkulu wenu, izithombe zenu enizenzele zona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Ngiyakunenza ukuba nithunjelwe ngaphesheya kweDamaseku, usho uJehova ogama lakhe linguNkulunkulu Sebawoti.

## U-Amose 6

### Ukuchithwa kweSamariya

1Wo kwabazinzileyo eSiyoni, nabalondekile entabeni yaseSamariya, abaqhamileyo besokuqala sezizwe, efika kubo indlu yakwa-Israyeli!

2Dlulelani eKaline, nibone; nisuke lapho, niye eHamati elikhulu, bese nehlela eGati lamaFilisti; bahle kunale mibuso yini, umkhawulo wabo mkhulu kunomkhawulo wenu na?

3 nina enidedisela kude usuku olubi, kepha nisondezile isihlalo sobudlova.

4Balele emibhedeni yophondo lwendlovu, bacambalala ezinkukhweni zabo; badla amawundlu omhlambi namathole avela phakathi kwesibaya.

5 Bahaya ngomsindo wogubhu, baziqambela izinto zokubethwa njengoDavide.

6Baphuza imikhele yewayini, bazigcoba ngamafutha amahle, kepha abadabuki ngokuchithwa kukaJosefa.

7Ngalokho sebeyakuthunjwa phakathi kwabokuqala abathunjwayo, kusuke ukuxokozela kwabacambalalayo.

8 INkosi uJehova izifungile, usho uJehova uNkulunkulu Sebawoti, yathi: Ngiyanengwa ngukuzidla kukaJakobe, ngizonda izindlu zakhe zamakhosi; ngiyakukhaphela umuzi nokugcwala kwawo.

9Kuyakuthi uma kusele amadoda ayishumi endlini inye, afe.

10 Lapho umngane womuntu emphakamisa kanye noshisayo ukuba bakhiphe amathambo endlini, abesesho kophakathi kwendlu impela ukuthi: Kusekhona muntu kuwe na? yena esephendula athi: Akusekho, khona wothi: Thula, ngokuba asinakuthinta igama likaJehova.

11Ngokuba bhekani, uJehova uyayaleza: uyakushaya indlu enkulu ibe yizihlephu, nendlu encane ibe yizingcezu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Amahhashi ayagijima emadwaleni, kulinywa elwandle ngezinkabi, na? Ngokuba niphendulile ukwahlulela kwaba yisihlungu, nezithelo zokulunga zaba ngumhlonyane,

13 nina enithokoza ngento engelutho, nithi: Asizithathelanga izimpondo ngamandla ethu na?

14 Ngokuba bhekani, ngiyakunivusela isizwe nina ndlu ka-Israyeli, usho uJehova uNkulunkulu Sebawoti; bayakunicindezela kusukela ekuyeni eHamati kuze kube semfuleni wase-Araba.

## U-Amose 7

### Umbono ngezinkumbi

1INkosi uJehova yangibonisa kanje: bheka, yayenza isikhonyane ekuqaleni kokumila kotshani bamuva; bheka, kwakungutshani bamuva emva kokusika kwenkosi.

2Kwathi lapho sesidlile utshani bezwe, ngathi: Nkosi Jehova, ake uthethelele; uJakobe uyakuma kanjani, ngokuba mncane.

3UJehova wazisola ngalokhu. Akuyikubakho, usho uJehova.

### Umbono ngomlilo eqedayo

4Yayisingibonisa kanje iNkosi uJehova: bheka, iNkosi uJehova yabiza ukulwa ngomlilo; wadla utwa olukhulu, wawusuyakudla futhi isabelo sikaJehova.

5Ngase ngithi: Nkosi Jehova, mawuyeke; uJakobe uyakuma kanjani, ngokuba mncane.

6UJehova wazisola ngalokhu. Akuyikubakho, isho iNkosi uJehova.

### Umbono ngentambo yomthofu

7 Wayesengibonisa kanje: bheka, iNkosi yayimi ngasogangeni olwakhiwe ngentambo yomthofu wokumisa, enentambo yomthofu wokumisa esandleni sakhe.

8 UJehova wathi kimi: Amose, ubonani na? Ngathi: Intambo yomthofu wokumisa. Yayisithi iNkosi: Bhekani, ngiyakubeka intambo yomthofu wokumisa phakathi kwabantu bami u-Israyeli; angisayikubadlula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Izindawo eziphakemeyo zika-Isaka ziyakuchithwa, nezindlu ezingcwele zakwa-Israyeli ziyakuqothulwa, ngivukele indlu kaJerobowamu ngenkemba.

### O-Amasiya no-Amose

10U-Amasiya umpristi waseBethele wayesethumela kuJerobowamu inkosi yakwa-Israyeli, wathi: U-Amose ukwenzele ugobe phakathi kwendlu yakwa-Israyeli; izwe alinakuthwala onke amazwi akhe.

11Ngokuba u-Amose ushilo kanje, wathi: UJerobowamu uyakufa ngenkemba, u-Israyeli athunjwe nokuthunjwa ezweni lakhe.

12 U-Amasiya wayesethi ku-Amose: Wena mboni, hamba, ubalekele ezweni lakwaJuda, udle khona isinkwa, uprofethe khona;

13ungabe usaqhubeka kodwa ukuprofetha eBethele, ngokuba liyindlu engcwele yenkosi nendlu yombuso.

14 Wayesephendula u-Amose, wathi ku-Amasiya: Angisiye umprofethi mina, nendodana yomprofethi angisiyo, kepha ngangingumalusi, ngangitshala imithombe.

15Kepha uJehova wangisusa ekulandeleni umhlambi; uJehova wathi kimi: Hamba uprofethe kubantu bami u-Israyeli.

16Manje yizwa izwi likaJehova lokuthi: Wena uthi: Ungaprofethi ngo-Israyeli, ungaconsisi izwi lakho phezu kwendlu ka-Isaka.

17 Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Umkakho uyakufeba emzini, namadodana akho namadodakazi akho ayakuwa ngenkemba, nezwe liyakudatshulwa ngentambo; wena uyakufela ezweni elingcolileyo, u-Israyeli athunjwe nokuthunjwa ezweni lakhe.

## U-Amose 8

### Umbono ngezithelo zasehlobo

1INkosi uJehova yayisingibonisa kanje: bheka, nanto iqoma lezithelo zasehlobo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Yathi: Amose, ubonani na? Ngathi: Iqoma lezithelo zasehlobo. Wayesethi uJehova kimi: Ukuphela sekufikile kubantu bami u-Israyeli; angisayikumdlula.

3 Izihlabelelo zethempeli ziyakuba ngukuhhewula ngalolo suku, isho iNkosi uJehova; izidumbu ziyakuba zininingi, zilahlwe ezindaweni zonke. Thulani!

### Ukwahlulelwa kwabathengisi abakhohlisayo

4 Yizwani lokhu nina enigwinya abampofu, nenichitha abaswelayo bezwe,

5 nithi: Kuyakudlula nini ukwethwasa kwenyanga ukuba sithengise ngamabele, nesabatha ukuba sikhiphe ukolweni, senze i-efa libe lincane, senze ishekeli libe likhulu, senze izilinganiso ukuba zikhohlise,

6 ukuze sithenge abampofu ngesiliva nabaswelayo ngamabhangqa ezicathulo, sithengise ngamahlunge kakolweni.

7 UJehova ufungile ukuziqhenya kukaJakobe ngokuthi: Impela angiyikukhohlwa kuze kube phakade nesisodwa sezenzo zabo.

8 Umhlaba awuyikuqhaqhazela ngalokho, balile bonke abakhileyo kuwo, na? Yebo, uyakukhukhumala wonke njengeNayile, unyakaze, ubuye ubohle njengomfula waseGibithe.

9 Kuyakuthi ngalolo suku, isho iNkosi uJehova, ngilishonise ilanga emini, ngenze ukuba kube mnyama emhlabeni emini ekhanyayo.

10 Ngiyakuphendula imikhosi yenu ibe ngukukhala, nezihlabelelo zenu zonke zibe yizililo, ngibeke izindwangu zamasaka ezinkalweni zonke, nobumpandla kuwo onke amakhanda, ngikwenze kube njengokulilela indodana eyodwa, ukuphela kwakho kube njengosuku olumunyu.

### Indlala yezwi likaNkulunkulu

11 Bhekani, izinsuku ziyeza, isho iNkosi uJehova, lapho ngiyakuthuma indlala ezweni, kungabi yindlala yezinkwa, kungabi ngukomela amanzi, kepha kube ngeyokuzwa amazwi kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Bayakuzulazula kusukela elwandle kuze kube selwandle, kusukela enyakatho kuze kube sempumalanga, bahambahambe ukufuna izwi likaJehova, kepha abayikulifumana.

13 Ngalolo suku izintombi ezinhle nezinsizwa ziyakudangala ukoma.

14 Abafunga icala laseSamariya, bathi: Kuphila kukankulunkulu wakho, Dani, nokuthi: Kuphila kothandiweyo wakho, Beri Sheba, bayakuwa, bangabe besavuka.

## U-Amose 9

### Ukuwa kwethempeli

1 Ngayibona iNkosi imi ngase-altare, yathi: Shaya izihloko zezinsika, ukuze imigulugulu izamazame, uzaphule phezu kwamakhanda abo bonke; abaseleyo babo ngiyakubabulala ngenkemba; obalekayo kubo akayikubaleka, nophunyukayo kubo akayikuphunyuka.

2 Noma befohla endaweni yabafileyo, isandla sami siyakubakhipha khona; noma bekhuphukela ezulwini, ngiyakubehlisa khona.

3 Noma becasha esiqongweni saseKarmeli, ngiyakubafunisisa, ngibakhiphe khona; nakuba befihlekile emehlweni ami phakathi kolwandle, ngiyakuyala inyoka ukuba iphume khona, ibalume.

4 Noma beya ekuthunjweni phambi kwezitha zabo, ngiyakubiza inkemba ukuba iphume khona, ibabulale, ngibeke amehlo ami kubo kube kubi, kungabi kuhle.

5 INkosi uNkulunkulu Sebawoti yiyo ethinta umhlaba, uncibilike, bakhale bonke abakhileyo kuwo; uyakukhukhumala wonke njengeNayile, ubuye ubohle njengomfula waseGibithe;

6 yiyona ewakhayo amakamelo ayo aphezulu ezulwini, isekele igobela lawo emhlabeni; yiyona ewabizayo amanzi olwandle, iwathululele ebusweni bomhlaba; nguJehova igama layo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Aninjengabantwana bakwaKushe kimi, nina bantwana bakwa-Israyeli, na? usho uJehova. Angikhuphulanga u-Israyeli ezweni laseGibithe, namaFilisti eKafitori, nama-Aramu eKhiri, na?

### Insali

8 Bhekani, amehlo eNkosi uJehova akuwo umbuso owonayo; ngiyakuwuchitha ebusweni bomhlaba, ngingachithi nokho ngokupheleleyo indlu kaJakobe, usho uJehova.

9 Ngokuba bheka, ngiyakuyaleza, ngizulazulise indlu yakwa-Israyeli phakathi kwabo bonke abezizwe, njengalokhu kuhlungwa ngesihlungo, kepha akuyikuwela nembewu eyodwa emhlabathini.

10 Zonke izoni zabantu bami ziyakufa ngenkemba, zona ezithi: Okubi akuyikusondela kithina, kusehlele.

### Ukubuyiswa kuka-Israyeli

11 Ngalolo suku ngiyakumisa idokodo likaDavide eliwileyo, ngivale imifantu yalo; ngiyakumisa izihlephu zalo, ngilakhe njengasezinsukwini zasendulo,

12 ukuze badle ifa lensali yakwa-Edomi nelezizwe zonke ezabizwa ngegama lami, usho uJehova okwenza lokhu.

13 Bhekani, izinsuku ziyeza, usho uJehova, lapho olimayo eyakufica ovunayo, nonyathela izithelo zomvini ohlwanyela imbewu; izintaba ziyakuconsa iwayini, amagquma onke ancibilike.

14 Ngiyakubuyisa ukuthunjwa kwabantu bami u-Israyeli, bakhe imizi echithekileyo, bahlale kuyo; bayakutshala izivini, baphuze iwayini lazo; bayakwenza nezivande, badle izithelo zazo.

15 Ngiyakubatshala ezweni labo, bangabe besasishulwa ezweni labo engibanike lona, usho uJehova uNkulunkulu wakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

# U-Obadiya

## U-Obadiya 1

### Isiprofetho ngo-Edomi

1 Umbono ka-Obadiya. Isho kanje iNkosi uJehova ngo-Edomi, ithi: Sizwile imibiko evela kuJehova, kuthunyiwe isithunywa phakathi kwabezizwe ngokuthi: Vukani, simvukele ngokulwa.

2 Bheka, ngiyakukwenza ube mncane phakathi kwabezizwe; udeleleke kakhulu.

3 Ukuzidla kwenhliziyo yakho kukukhohlisile wena ohlezi emifantwini yamawa, ondawo yakho yokuhlala iphakeme, othi enhliziyweni yakho: Ngubani ongangehlisela phansi na?

4 Noma uphakama njengokhozi, kubekwe isidleke sakho phakathi kwezinkanyezi, ngiyakukwehlisa khona, usho uJehova.

5 Uma amasela efika kuwe, nabaphangi ebusuku yeka ukuchithwa kwakho bebengayikweba baze baneliswe na? Uma abavuna izithelo zomvini befika kuwe, bebengayikushiya umkhothozo na?

6 Yeka ukufunisiswa kuka-Esawu, yeka ukuphenywa kwamagugu akhe afihliweyo!

7 Bonke abantu besivumelwano sakho bayakukuxosha emkhawulweni; abantu ababehlalisana nawe ngokuthula bayakukukhohlisa, bakwahlule; abadla isinkwa sakho bayakubeka ugibe phansi kwakho; akakho oluqondayo.

8 Angithi ngiyakuchitha abahlakaniphileyo kwa-Edomi ngalolo suku, usho uJehova, nokuqonda entabeni yakwa-Esawu, na?

9 Amaqhawe akho, Themani, ayakuphela amandla, ukuze yilowo nalowo anqunywe entabeni yakwa-Esawu ngokubulawa.

10 Ngenxa yendluzula eyenziwa kumfowenu uJakobe, amahloni ayakukusibekela, unqunywe kuze kube phakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Ngosuku owema kude ngalo, ngosuku abafokazi abasusa ngalo imfuyo
yakhe, nabezizwe bangena ngamasango akhe, benza inkatho ngeJerusalema,
nawe wawunjengomunye wabo.

12 Kepha ungabheki usuku lomfowenu ngosuku lobufokazi bakhe,
ungathokozi ngabantwana bakwaJuda ngosuku lokuchithwa kwabo,
ungaqhalazi ngosuku losizi.

13 Ungangeni ngesango labantu bami ngosuku lwesigemegeme sabo,
ungabheki ukuhlupheka kwabo ngosuku lwesigemegeme sabo, ningabeki
sandla emfuyweni yabo ngosuku lwesigemegeme sabo.

14 Ungemi enhlanganweni yezindlela ukunquma abaphunyukileyo bakhe,
ungakhapheli abaseleyo bakhe ngosuku losizi.

15 Ngokuba usuku lukaJehova lusondele ezizweni zonke; njengokwenza
kwakho kuyakwenziwa kanjalo kuwe; izenzo zakho ziyakubuyela ekhanda
lakho.

16 Ngokuba njengalokho niphuzile entabeni yami engcwele, bayakuphuza
kanjalo bonke abezizwe, baphuze, bagwinye, babe njengokungathi abazange
babe khona.

17 Kepha entabeni yaseSiyoni kuyakuba khona abasindayo, ibe ngcwele,
nendlu yakwaJakobe iyakudla ifa layo.

18 Indlu yakwaJakobe iyakuba ngumlilo, indlu kaJosefa ibe yilangabi, indlu
ka-Esawu ibe ngamabibi, bawashise, bawaqede; akuyikubakho oseleyo
endlini ka-Esawu, ngokuba uJehova ukhulumile.

19 Abaseningizimu bayakudla ifa lentaba yakwa-Esawu, nabasehlanzeni ifa
lamaFilisti, badle ifa lezwe lakwa-Efrayimi nezwe laseSamariya, uBenjamini
adle iGileyadi.

20 Abathunjwa bale mpi yabantwana bakwa-Israyeli abaphakathi
kwamaKhanani kuze kube seSarefati nabathunjwa baseJerusalema
abaseSefaradi bayakudla ifa lemizi yaseningizimu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Abasindisi bayakukhuphukela entabeni yaseSiyoni ukuyakwahlulela intaba
yakwa-Esawu, umbuso besewuba ngokaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UJona

## UJona 1

### UJona ubalekela uNkulunkulu

1 Izwi likaJehova lafika kuJona indodana ka-Amithayi, lathi:

2 Suka uye eNineve, umuzi omkhulu, umemeze phezu kwalo, ngokuba ububi balo benyukele ebusweni bami.

3 Kepha uJona wasuka ebusweni bukaJehova ukuba abalekele eTharishishi, wehlela eJopha, wafumana umkhumbi obuyakuya eTharishishi; wakhokha imali yawo, wakhwela kuwo, ukuba ahambe nawo, aye eTharishishi, asuke ebusweni bukaJehova.

4 Kodwa uJehova waphonsa umoya omkhulu elwandle, kwaba yisiphepho esikhulu elwandle; kwacatshangwa ukuthi umkhumbi uyakwaphulwa.

5 Khona amatilosi esaba, akhala, kwaba yilelo nalelo kunkulunkulu walo, aphonsa elwandle impahla ebisemkhunjini ukuba ube lula kubo. Kepha uJona wayehlele phakathi komkhumbi, wayeselele ubuthongo.

6 Kwase kusondela kuye induna yomkhumbi, yathi: Unani wena olele ubuthongo na? Vuka, ubize uNkulunkulu wakho; mhlawumbe lo Nkulunkulu uyakusikhumbula ukuba singabhubhi.

7 Bathi, kwaba yilowo nalowo kumngane wakhe: Wozani senze inkatho, sazi ukuthi kungenxa kabani lobu bubi buphezu kwethu. Base benza inkatho; inkatho yamudla uJona.

8 Base bethi kuye: Ake usitshele ukuthi kungenxa kabani lobu bubi buphezu kwethu. Umsebenzi wakho uyini? Uvelaphi? Liphi izwe lakini, ungowasiphi isizwe na?

9 Wathi kubo: NgingumHeberu; ngiyamesaba uJehova, uNkulunkulu wasezulwini, owenzile ulwandle nomhlabathi owomileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Base besaba abantu ngokwesaba okukhulu, bathi kuye: Kuyini lokhu okwenzileyo na? Ngokuba base bazi ukuthi ubalekile ebusweni bukaJehova, lokhu ebatshelile.

11Base bethi kuye: Siyakwenze njani kuwe, ukuze ulwandle luthule kithina, ngokuba ulwandle luyaqhubeka lube nesivunguvungu.

12Wathi kubo: Ngiphakamiseni, ningiphonse elwandle, bese luthula kini ulwandle, ngokuba ngiyazi ukuthi lesi siphepho esikhulu siphezu kwenu ngenxa yami.

13Kepha amadoda agwedla ukuba abuyele emhlabathini, kepha ahluleka, ngokuba ulwandle lwaqhubeka lwaba nesiphepho kuwo.

14Ayesekhala kuJehova, athi: Siyakuncenga: masingabhubhi ngenxa yalo muntu, ungabeki phezu kwethu igazi elingenacala, ngokuba wena Jehova wenzile njengokuhlosa kwakho.

15Amphakamisa uJona, amphonsa elwandle; ulwandle lwase lupheza ukufutha.

16Amadoda ayesesaba uJehova ngokwesaba okukhulu; ahlabela uJehova umhlatshelo, enza izithembiso.

17UJehova wamisela inhlanzi enkulu ukuba imgwinye uJona; uJona wayesezibilinini zenhlanzi izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.

## UJona 2

### Umkhuleko kaJona

1 UJona wakhuleka kuJehova uNkulunkulu wakhe esezibilinini zenhlanzi,

2wathi: Ekuhluphekeni kwami ngakhala kuJehova, wangiphendula; ngisesiswini sendawo yabafileyo ngamemeza, wezwa izwi lami.

3 Wangiphonsa ekujuleni, enhliziyweni yolwandle, umfula wangihaqa; onke amadlambi akho namaza akho adlula phezu kwami.

4 Ngathi mina: Ngixoshiwe emehlweni akho; nokho ngiyakubuye ngibheke ithempeli lakho elingcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Amanzi angihaqa kwaze kwaba nasekuphileni kwami, utwa lwangikaka. Umhlanga wathandela ekhanda lami.

6 Ngehla ngasemikhawulweni yezintaba; imigoqo yomhlaba yayisemva kwami kuze kube phakade. Kepha wakhuphula ukuphila kwami egodini, Jehova Nkulunkulu wami.

7 Lapho umphefumulo wami waphela amandla phakathi kwami, ngamkhumbula uJehova; umkhuleko wami wangena kuwe ethempelini lakho elingcwele.

8 Abagcina okungumoya nokuyize nje bashiya Othembekile kubo.

9 Kepha mina ngiyakukuhlabela ngezwi lokudumisa, ngigcwalise engikuthembisileyo. Ukusindiswa kukuye uJehova.

10 UJehova wakhuluma kuyo inhlanzi, yamhlanzela uJona emhlabathini owomileyo.

## UJona 3

### Ukuphenduka kweNineve

1Izwi likaJehova lafika kuJona ngokwesibili, lathi:

2 Suka uye eNineve, umuzi omkhulu, umemezele kulo isimemezelo esikhulu engasikhuluma kuwe.

3Wayesesuka uJona, waya eNineve njengezwi likaJehova. INineve lalingumuzi omkhulu kakhulu, uhambo lwezinsuku ezintathu.

4UJona waqala ukungena emzini, uhambo losuku lwaba lunye, wamemeza wathi: Kusezakuba yizinsuku ezingamashumi amane, bese lichithwa iNineve.

5 Abantu baseNineve bakholwa nguNkulunkulu; bamemezela ukuzila ukudla, bembatha izindwangu zamasaka, kusukela kwabakhulu babo kwaze kwaba kwabancane.

6Kepha izwi lafinyelela enkosini yaseNineve; yasukuma esihlalweni sayo sobukhosi, yakhumula ingubo yayo, yazimboza ngendwangu yamasaka, yahlala phansi emlotheni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[7]Yamemezela, yasho eNineve ngomthetho wenkosi nabakhulu bayo, yathi: Makungabikho muntu onambitha utho, nasilwane, nankomo, namvu, bangadli, bangaphuzi manzi,

[8] kepha bambozwe ngendwangu yamasaka, umuntu nesilwane, kukhalwe kuNkulunkulu ngamandla, yebo, kubuyiswe yilowo nalowo endleleni yakhe embi nasebudloveni obusezandleni zakhe.

[9] Ngubani owaziyo uma uNkulunkulu engayikubuya, azisole, abuye ekufutheni kwentukuthelo yakhe, size singabhubhi, na?

[10] Lapho uNkulunkulu esebona izenzo zabo ukuthi babuya endleleni yabo embi, uNkulunkulu wazisola ngokubi owayeshilo ukuthi uyakukwenza kubo, akakwenzanga.

## UJona 4

### Ukusola kukaJona

[1]Kepha lokho kwaba kubi kakhulu kuJona, wathukuthela.

[2]Wakhuleka kuJehova, wathi: Ngiyakuncenga, Jehova; lokho kwakungesilo izwi lami ngisekhona ezweni lakithi na? Ngalokho ngakwandulela ngokubalekela eTharishishi, ngokuba ngiyazi ukuthi unguNkulunkulu onomusa nobumnene, wephuza ukuthukuthela, unesihe esikhulu, uzisola ngokubi;

[3] ngalokho, Jehova, ake ususe kimi ukuphila kwami, ngokuba kungcono kimi ukufa kunokuphila.

[4]Wayesethi uJehova: Wenza kahle ngokuthukuthela na?

[5]UJona wayesephuma emzini, wahlala ngasempumalanga komuzi, wazenzela idokodo khona, wahlala phansi kwalo emthunzini, ukuze abone ukuthi kuyakwenziwa njani kuwo umuzi.

[6]UJehova uNkulunkulu walungisela umhlakuva, wawukhulisa phezu kukaJona ukuba ube ngumthunzi phezu kwekhanda lakhe ukumophula kokubi kwakhe. UJona wathokoza ngomhlakuva ngokuthokoza okukhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[7]Kepha sekuzakuvela ukusa ngangomuso uNkulunkulu walungisela impehlwa; yawuphehla umhlakuva, wabuna.

[8]Kwathi ekuphumeni kwelanga uNkulunkulu walungisela umoya oshisayo wasempumalanga; ilanga lashaya ekhanda likaJona, waba nesiyezi, wazicelela ukuba afe, wathi: Kungcono kimi ukufa kunokuphila.

[9]Wayesethi uNkulunkulu kuJona: Wenza kahle ngokuthukuthela ngenxa yomhlakuva na? Wathi: Ngenza kahle ngokuthukuthela kuze kube sekufeni.

[10]Wayesethi uJehova: Wena wawuhawukela umhlakuva ongawukhandlekelanga nongawukhulisanga, owamila ebusuku bunye, wabhubha ebusuku bunye;

[11]mina-ke bengingayikulihawukela iNineve, umuzi omkhulu, okukuwo abantu abangaphezu kwezinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili abangakwazi ukwahlukanisa isandla sokunene nesokhohlo, kanye nezinkomo eziningi, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UMika

## UMika 1

### Ukwahlulelwa kukaJuda no-Israyeli

1 Izwi likaJehova elafika kuMika waseMoresheti ezinsukwini zikaJothamu, no-Ahazi, noHezekiya, amakhosi akwaJuda, owalibona ngeSamariya neJerusalema.

2 Zwanini, bantu bonke, uqaphele, mhlaba nokugcwala kwakho, iNkosi uJehova ibe ngufakazi ngani, iNkosi isethempelini layo elingcwele.

3 Ngokuba bhekani, uJehova uphuma endaweni yakhe, ehle, anyathele ezindaweni eziphakemeyo zomhlaba.

4 Izintaba ziyakuncibilika phansi kwakhe, nezigodi ziyakuqhekezeka njengengcina phambi komlilo, njengamanzi athululwe emaweni.

5 Konke lokhu kungenxa yesiphambeko sikaJakobe nangezono zendlu yakwa-Israyeli. Siyini isiphambeko sikaJakobe? Asiyilo iSamariya na? Ziyini izindawo eziphakemeyo zakwaJuda? Aziyilo iJerusalema na?

6 Ngiyakwenza iSamariya libe yizihlephu zasendle nendawo yokutshala izivini, ngiqulele amatshe alo esigodini, ngambule isisekelo salo.

7 Zonke izithombe zalo ezibaziweyo ziyakwaphulwa, nakho konke elikukhokhelweyo kuyakushiswa ngomlilo, nayo yonke imifanekiso ngiyakuyenza ukuba ibe yincithakalo, ngokuba likuqoqile ngenkokhelo yobufebe; kuyakubuye kube yinkokhelo yobufebe.

8 Ngenxa yalokho ngiyakukhala, ngihhewule, ngihambe ngihlutshuliwe, ngihamba ze; ngenze isililo njengamakhanka, ngikhale njengezintshe.

9 Ngokuba amanxeba alo awanakuphulukiswa, lokhu sekufikile nakwaJuda, kufinyelela esangweni labantu bami naseJerusalema.

10 Ningakulandisi eGati, ningakhali e-Akha; eBeti Afera huquzelani othulini.

11 Dlulani nina enakhileyo eShafiri ngobunqunu nangehlazo; abakhe eSawanani abaphumi; ukukhala kwaseBeti Eseli akunivumeli ukuhlala khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngokuba abakhe eMaroti banemihelo ngokuhle, lokhu okubi kwehlile
kuvela kuJehova, kwafika esangweni laseJerusalema.

13 Bophelani enqoleni ihhashi elinejubane, nina enakhileyo eLakishi; lona
lalingukuqala kwezono kuyo indodakazi yaseSiyoni, ngokuba iziphambeko
zakwa-Israyeli zafunyanwa kuwe.

14 Ngalokho uyakupha iMoresheti Gati isipho sokuvalelisana; izindlu zase-
Akizibi ziyakuba yinkohliso kuwo amakhosi akwa-Israyeli.

15 Ngisezakwehlisa phezu kwenu enakhileyo eMaresha oyakunidla: udumo
luka-Israyeli luyakufika e-Adulamu.

16Ziphucule, zigunde ngenxa yabantwana bokwenama kwakho, wandise
ubumpandla bakho njengenqe, ngokuba bayakuthunjwa kuwe.

**UMika 2**

### Ukuxwayiswa kwabacindezeli

1 Wo! kwabaceba ububi, benze okubi emibhedeni yabo! Ekukhanyeni kokusa
bayakwenza, ngokuba kusemandleni ezandla zabo.

2 Bafisa amasimu, bawadluzule, nezindlu, bazisuse; bacindezela indoda
nendlu yayo, umuntu nefa lakhe.

3Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Bhekani, ngiceba okubi ngalo mndeni,
eningayikukhipha kukho izintamo zenu; futhi ningahambi ngokuzidla,
ngokuba lokhu kuyisikhathi esibi.

4 Ngalolo suku bayakuphakamisa umfanekiso ngani, bakhale isililo, bathi:
Sichithiwe nokuchithwa; isabelo sabantu bami sinikwa omunye; yeka
ukubuya kwakhe kimi; abahlubuki babelwa amasimu ethu.

5Ngalokho akuyikubakho ophonsa intambo ngenkatho ebandleni likaJehova.

6 Ningaprofethi, baprofetha, basho njalo, ningaprofethi ngalokho; ihlazo
aliyikusifica.

7Kuyakushiwo, nina ndlu kaJakobe, ukuthi uMoya kaJehova unyinyekile;
yizenzo zakhe lezi na? Awamahle yini amazwi ami kohamba ngobuqotho?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Kepha kade bevukile abantu bami baba yizitha; nihlubula ingubo
esambathweni sabadlula ngethemba, befulathele ukulwa.

9Niyaxosha abesifazane babantu bami ezindlini zokuthokoza kwabo, nisusa
ezinganeni zabo ubukhosi bami kuze kube phakade.

10 Sukumani nihambe, ngokuba lokhu akusikho ukuphumula kwenu; ngenxa
yabayingcosana niyachitha ngokuchitha okunamandla.

11 Uma bekuhambahamba umuntu okhuluma umoya nje namanga, athi:
Ngiyakuprofetha kuwe ngewayini nangophuzo olunamandla, ubeyakuba
ngumprofethi walaba bantu.

12 Ngiyakukubutha, Jakobe, wonke wakho; ngiyakuqoqa nokuqoqa insali
yakwa-Israyeli; ngiyakubabeka ndawonye njengezimvu zaseBosira,
njengomhlambi phakathi kwedlelo lawo, kwenziwe ukukhamuluka okuvela
kubantu.

13 Umfohli ukhuphuka ngaphambi kwabo; sebefohlile, badlulela esangweni,
baphuma ngalo; inkosi yabo idlulile phambi kwabo, noJehova usesihlokweni
sabo.

## UMika 3

### Ukusolwa kwabaholi ababi

1 Ngathi: Zwanini nina zinhloko zakwaJakobe, nani zikhulu zendlu yakwa-
Israyeli ukuthi: Akusikho okwenu ukwazi ukulunga

2 nina enizonda okuhle, nithanda okubi, enebula kubo isikhumba sabo,
nenyama yabo emathanjeni abo,

3 enidla inyama yabantu bami, nihlinza kubo isikhumba sabo, naphula
amathambo abo, yebo, nibaqoba njengokwasekhanzini nanjengenyama
phakathi kwebhodwe.

4 Khona bayakukhala kuJehova, kepha akayikubaphendula; uyakusitheza
ubuso bakhe kubo ngaleso sikhathi ngenxa yokwenza kwabo izenzo zabo zibe
zimbi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

5Usho kanje uJehova: Ngabaprofethi abadukisa abantu bami, abathi, bese nakho okokuhlafuna ngamazinyo abo, bamemeze bathi: Ukuthula, nongabeki lutho emlonyeni wabo bamlungisele ukulwa.

6 Ngalokho ubusuku buyakunehlela ukuze ningabi nambono, kuhlwe kini, ningabe nisabhula; ilanga liyakushonela abaprofethi, usuku lube mnyama phezu kwabo.

7 Ababoni bayakuba namahloni, ababhuli bayangaze; bayakumboza amadevu abo bonke, ngokuba akuveli mpendulo kuNkulunkulu.

8Kepha mina ngigcwele amandla ngoMoya kaJehova ngokulunga nangobuqhawe ukuba ngimtshele uJakobe iziphambeko zakhe, u-Israyeli izono zakhe.

9Ake nizwe lokhu nina zinhloko zendlu kaJakobe nani zikhulu zendlu yakwa-Israyeli eninengwa ngukwahlulelwa, nihlanekezela konke ukulunga,

10 enakha iSiyoni ngegazi neJerusalema ngobubi,

11 elizinhloko zalo zahlulela ngemivuzo, nelibapristi balo bafundisa ngenkokhelo, nelibaprofethi balo babhula ngemali, bencike nokho kuJehova, bethi: UJehova akaphakathi kwethu na? Asiyikwehlelwa ngokubi.

12 Ngalokho ngenxa yenu iSiyoni liyakulinywa njengensimu, iJerusalema libe yincithakalo, intaba yendlu ibe yizindawo eziphakemeyo zamahlathi.

## UMika 4

### Isithembiso sokuthula

1 Kepha kuyakuthi ngezinsuku ezizayo intaba yendlu kaJehova iqiniswe esiqongweni sezintaba, iphakame kunamagquma, nabantu bayakugobhozela khona.

2 Izizwe eziningi ziyakuhamba, zithi: Wozani sikhuphukele entabeni kaJehova nasendlini kaNkulunkulu kaJakobe; uyakusifundisa izindlela zakhe, sihambe emikhondweni yakhe, ngokuba umthetho uyakuvela eSiyoni, nezwi likaJehova eJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Uyakwahlulela phakathi kwezizwe eziningi, anqume phakathi kwezizwe ezinamandla ezikude; ziyakukhanda izinkemba zazo zibe ngamakhuba, imikhonto yazo ibe ngocelemba; isizwe asiyikuphakamisela isizwe inkemba, zingabe zisafuna ukulwa.

4 Bayakuhlala, kube yilowo nalowo phansi komvini wakhe naphansi komkhiwane wakhe; akakho oyakubesabisa, ngokuba umlomo kaJehova Sebawoti ukhulumile.

5 Ngokuba bonke abantu bahamba, kube yilowo nalowo ngegama likankulunkulu wakhe, kepha thina siyakuhamba ngegama likaJehova uNkulunkulu wethu kuze kube phakade naphakade.

6 Ngalolo suku, usho uJehova, ngiyakubutha abaqhugayo, ngiqoqe abaxoshiweyo nengenze okubi kubo,

7 ngenze abaqhugayo babe yinsali, abadediselwe kude babe yisizwe esinamandla; uJehova uyakubusa phezu kwabo entabeni yaseSiyoni kusukela manje kuze kube phakade.

8 Wena mbhoshongo womhlambi, negquma lendodakazi yaseSiyoni kuyakufika kuwe, yebo, ukubusa kokuqala kuyakufika, umbuso wendodakazi yaseJerusalema.

9 Umemezelani manje ngokumemeza okungakho na? Ayikho inkosi kuwe, ubhubhile umluleki wakho, lokhu ubanjwe yimihelo njengobelethayo.

10 Yiba nemihelo, uzale, ndodakazi yaseSiyoni njengobelethayo, ngokuba manje uyakuphuma emzini, uhlale endle, ufike naseBabele, lapho uzakophulwa khona; lapho uJehova uyakukukhulula esandleni sezitha zakho.

11 Manje izizwe eziningi zikubuthanele; zithi: Malingcoliswe, amehlo ethu alibuke iSiyoni.

12 Kepha azazi imicabango kaJehova, aziqondi amasu akhe, ngokuba uzibuthile njengezithungu esibuyeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Suka ubhule, ndodakazi yaseSiyoni, ngokuba ngiyakwenza uphondo lwakho lube yinsimbi, nezinselo zakho ngizenze insimbi; uyakuchoboza abantu abaningi, kwahlukaniselwe uJehova inzuzo yabo, nemfuyo yabo kuyo iNkosi yomhlaba wonke.

## UMika 5

### Umbusi ozayo wakwa-Israyeli

1Buthana ngamaviyo, ndodakazi yamaviyo; usivimbezele, bayakumshaya umahluleli wakwa-Israyeli ngenduku esihlathini.

2 Kepha wena Betlehema Efratha, omncane ukuba ube phakathi kwemindeni yakwaJuda, ngiyakuphunyelwa ngovela kuwe, ozakuba ngumbusi kwa-Israyeli, okuvela kwakhe kusukela endulo ezinsukwini zaphakade.

3 Ngalokho bayakukhashelwa, bese yibuyela insali yabafowabo kubantwana bakwa-Israyeli.

4 Uyakuma, aluse ngamandla kaJehova nangokuphakama kwegama likaJehova uNkulunkulu wakhe; sebeyakuhlala, ngokuba uzakuba mkhulu kuze kube semajukujukwini omhlaba.

5Ukuthula kuyakuba yilokhu: lapho umAsiriya engena ezweni lakithi, anyathele ezindlini zethu zobukhosi, siyakumvusela abelusi abayisikhombisa nezikhulu zabantu eziyisishiyagalombili.

6 Bayakuchitha izwe lase-Asiriya ngenkemba, nezwe lakwaNimrode ezintubeni zalo, asophule kumAsiriya, lapho engena ezweni lakithi, nalapho enyathela emikhawulweni yethu.

7 Insali yakwaJakobe iyakuba phakathi kwabantu abaningi njengamazolo avela kuJehova, ngengezihlambi otshanini ezingahlaleli muntu, zingahlaleli abantwana babantu.

8Insali yakwaJakobe iyakuba phakathi kwezizwe, phakathi kwabantu abaningi, njengengonyama phakathi kwezilwane zasehlathini, njengebhongo lengonyama phakathi kwemihlambi yezimvu, elithi lapho lidabula, linyathele, lidwengule, kungekho owophulayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Masiphakanyiswe isandla sakho phezu kwezitha zakho, zinqunywe zonke izitha zakho.

10 Kuyakuthi ngalolo suku, usho uJehova, nginqume amahhashi akho phakathi kwakho, ngichithe izinqola zakho,

11ngiyinqume imizi yasezweni lakho, ngizidilize zonke izinqaba zakho.

12Ngiyakunquma ukulumba esandleni sakho, kungabe kusabakho kuwe abahlola imihlola.

13Ngiyakunquma izithombe zakho ezibaziweyo nezinsika zakho phakathi kwakho, ungabe usakhonza imisebenzi yezandla zakho.

14Ngiyakubasiphula o-Ashera bakho phakathi kwakho, ngiyichithe imizi yakho.

15Ngiyakwenza impindiselo ngentukuthelo nangokufutheka kuzo izizwe ezingalalelanga.

**UMika 6**

### UJehova uphikisana nabakwa-Israyeli

1Ake nizwe akushoyo uJehova, ethi: Suka ulwe phambi kwezintaba, uzwise amagquma izwi lakho.

2 Zwanini, zintaba, ukuphikisana kukaJehova, nani zisekelo zomhlaba eziqinileyo, ngokuba uJehova unokuphikisana nabantu bakhe, uyakumelana nabo.

3 Bantu bami, ngenzeni kini; kuyini enginikhathaze ngakho na? Ngiphenduleni.

4 Nganikhuphula ezweni laseGibithe, nganihlenga endlini yezigqila, ngathuma phambi kwenu oMose, no-Aroni, noMiriyamu.

5 Bantu bami, ake nikhumbule okwacetshwa nguBalaki inkosi yakwaMowabi, nalokho amphendula ngakho uBileyamu indodana kaBeyori, nokwakuphakathi kweShithimi neGiligali, nize nazi izenzo ezilungileyo zikaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Ngiyakusondela kuJehova nginantoni, ngikhothame kuNkulunkulu ophezulu, na? Ngiyakufika ngiphethe iminikelo yokushiswa, nginamathole amnyaka munye, na?

7 UJehova uyakwenamela izinkulungwane zezinqama nezinkulungwane eziyishumi zemifula yamafutha na? Ngiyakunika izibulo lami ngenxa yesiphambeko sami, isithelo sesisu sami ngenxa yesono senhliziyo yami, na?

8 Ukutshelile, muntu, okuhle; uJehova ufunani kuwe, kungabi ngukwenza ukulunga kuphela nokuthanda umusa, uhambe noNkulunkulu wakho ngokuthobeka, na?

9Izwi likaJehova liyamemeza kuwo umuzi. Ukwesaba igama lakho ngukusindiswa; zwanini induku noyimisileyo.

10 Kusekhona inzuzo embi endlini yababi, ne-efa elincane eliqalekiswayo, na?

11 Ukhona ohlanzekile onesilinganiso esibi nesikhwama sezisindo ezikhohlisayo na?

12 Abacebileyo bawo bagcwele ubudlova, nabakhileyo kuwo bakhuluma amanga, nolimi lwabo lunenkohliso emlonyeni wabo.

13Ngalokho mina ngiyakugulisa ngokushaya, ngikuchithe ngenxa yezono zakho.

14 Lapho udlayo, awuyikusutha, kube khona ukulamba phakathi kwakho; uyakususa, ungakhululi kodwa, nokukhululayo ngiyakukukhaphela enkembeni.

15 Uyakutshala, ungavuni kodwa; uyakunyathela iminqumo, ungazigcobi kodwa ngamafutha, nezithelo zomvini, ungaliphuzi nokho iwayini.

16Izimiso zika-Omri ziyagcinwa, nazo zonke izenzo zendlu ka-Ahabi; nihamba ngamacebo abo; ngalokho ngiyakunenza incithakalo nabakhileyo khona into encimfelwayo; niyakuthwala ihlazo labantu bami.

## UMika 7

### Izono zesizwe sakwa-Israyeli

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Maye kimi! Ngokuba nginjengokuvunwa kwezithelo zasehlobo, njengokukhothozwa komvini; akukho hlukuzo lokudliwa; umphefumulo wami uyafisa ikhiwane eliyingqalabutho.

2 Abathembekileyo babhubhile emhlabeni, akakho oqotho phakathi kwabantu; bonke baqamekela igazi; bayazingelana, kube yilowo nalowo umfowabo ngenetha.

3 Izandla zabo ziphezu kokubi ukukuthuthukisa; isikhulu sinesicelo, umahluleli ubheka umvuzo; omkhulu ukhuluma ngesifiso somphefumulo wakhe; bayakwalukanisa.

4 Omuhle wabo unjengobobe, olungileyo mubi kunothango lwameva; usuku lwabalindi bakho nolokuhanjelwa kwakho lufikile; sekuyakuba ngukukhungatheka kubo.

5 Ningamethembi umngane, ningakholwa ngumhlobo; gcina iminyango yomlomo wakho kuye olala ngasesifubeni sakho.

6 Ngokuba indodana idelela uyise; indodakazi ivukela unina; umalokazana uvukela uninazala, nezitha zomuntu ngamadoda endlu yakhe.

7 Kepha mina ngiyakumbheka uJehova; ngiyakulindela uNkulunkulu wokusindiswa kwami; uNkulunkulu wami uyakungizwa.

8 Ungathokozi ngami, sitha sami; ngokuba uma ngiwile, ngiyakuvuka; lapho ngihlezi ebumnyameni, uJehova uzakuba ngukukhanya kwami.

9 Ngiyakuthwala ulaka lukaJehova, ngokuba ngonile kuye, aze amele indaba yami, angenzele ukwahlulelwa, angiphumisele ekukhanyeni, ngibone ukulunga kwakhe.

10 Isitha sami siyakukubona, sisitshekelwe ngamahloni, esona besithi kimi: Uphi uJehova uNkulunkulu wakho? Amehlo ami ayakusibona; manje siyakunyathelwa njengodaka lwasezitaladini.

11 Kuyakufika usuku lokwakha izingange zakho; ngalolo suku umkhawulo wakho uyakudediselwa kude.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngalolo suku bayakufika kuwe bevela e-Asiriya nasemizini yaseGibithe,
kusukela eGibithe kuze kube seMfuleni, kusukela elwandle kuze kube
selwandle, kusukela entabeni kuze kube sentabeni.

13 Kepha izwe liyakuba yincithakalo ngenxa yabakhileyo kulo ngezenzo zabo.

14 Yalusa abantu bakho ngentonga yakho, izimvu zefa lakho ezihlala zodwa
ehlathini phakathi kweKarmeli; mazaluke eBashani nakwaGileyadi
njengasezinsukwini zasendulo.

15 Njengasezinsukwini zokuphuma kwakho ezweni laseGibithe
ngiyakubabonisa izimangaliso.

16 Abezizwe bayakubona, babe namahloni ngamandla abo onke, babeke
isandla sabo emlonyeni wabo, izindlebe zabo zibe yizithulu.

17 Bayakukhotha uthuli njengenyoka, baphume bethuthumela njengezinto
ezinabuzelayo emhlabathini ezindaweni zazo ezivalelweyo, bafike
ngokuqhaqhazela kuJehova uNkulunkulu wethu, besabe ngenxa yakho.

18 Ngubani onguNkulunkulu onjengawe othethelela insali yefa lakho ububi
bayo, uyiyekele isiphambeko sayo, na? Akabambeleli entukuthelweni yakhe
kuze kube phakade, ngokuba wenamela umusa.

19 Uyakubuye asibekezelele, anyathele phansi ububi bethu; yebo,
uyakuphonsa zonke izono zabo ekujuleni kolwandle.

20 Uyakunika uJakobe ukuthembeka no-Abrahama umusa owakufungela
obaba kwasezinsukwini zasendulo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UNahume

## UNahume 1

### Ukushisekela kukaNkulunkulu nomusa wakhe

1Isiprofetho ngeNineve, incwadi yombono kaNahume wase-Elikoshi.

2 UJehova unguNkulunkulu oshisekelayo nophindiselayo; uJehova uyaphindisela, ugcwele ukufutheka; uJehova uphindisela kwabamelene naye, ugcinela izitha zakhe intukuthelo.

3 UJehova wephuza ukuthukuthela, mkhulu ngamandla, akenzi onecala abe msulwa; uJehova unendlela yakhe esivunguvungwini nasesiphephweni, namafu ayibhuqu lezinyawo zakhe.

4 Uyakhuza ulwandle, alomise, ashise nemifula yonke; iBashani liyawuma kanye neKarmeli, nezimbali zaseLebanoni ziyabuna.

5 Izintaba ziyathuthumela phambi kwakhe, amagquma ayancibilika; umhlaba uyaphakama ebusweni bakhe, yebo, nakho konke okuhlala kuwo.

6Ngubani ongema ebusweni bentukuthelo yakhe na? Ngubani ongema ekufuthekeni kolaka lwakhe na? Ukufutheka kwakhe kuthululiwe njengomlilo, namadwala ayaqhekezeka phambi kwakhe.

7 UJehova muhle, uyinqaba ngosuku lwenhlupheko, uyabazi abaphephela kuye.

8 Kepha ngesikhukhula esiphuphumayo uyakuqeda indawo yakhona, axoshele izitha zakhe ebumnyameni.

9Enikucebayo ngoJehova uyakuqeda yena; ukuhlupheka akuyikuvela ngokwesibili.

10Lapho bethandela njengameva, benjengabaminzileyo ophuzweni lwabo, bayakuqedwa nokuqedwa njengamabibi omileyo.

11Kuphume kuwe owamcebela uJehova okubi, wanika isiluleko esibi.

12 Usho kanje uJehova, uthi: Noma benamandla, futhi bebaningi, nokho bayakuqedwa, banyamalale; noma ngikuhluphile, angisayikukuhlupha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Sengiyakulaphula ijoka eliphezu kwakho, ngigqabule izibopho zakho.

14Kepha uJehova uyalezile ngawe ukuthi akusayikuhlwanyelwa okwegama lakho; endlini yawonkulunkulu bakho ngiyakunquma izithombe ezibaziweyo nezibunjiweyo; ngiyakulungisa ithuna lakho, ngokuba awuyinto yalutho.

15 Bheka ezintabeni izinyawo zoletha izindaba ezinhle, omemezela ukuthula. Gubha imikhosi yakho, Juda, ugcwalise izithembiso zakho, ngokuba omubi akasayikudabula kuwe; unqunyiwe ngokupheleleyo.

## UNahume 2

### Ukuchithwa kweNineve

1 Kukhuphukela umchithi kuwe; gcina inqaba, ulinde indlela, uqinise izinkalo zakho, uwenze amandla akho ukuba aqine.

2 Ngokuba uJehova uyabuyisa ukuphakama kukaJakobe njengokuphakama kuka-Israyeli, lokhu abathululayo bebathululile, bachitha amagatsha emivini yabo.

3Izihlangu zamaqhawe akhe zibomvu, amadoda anamandla embethe okubomvu; izinqola zibengezela umlilo ensimbini ngosuku lokuzilungisela kwakhe; imikhonto iyaveva.

4Izinqola ziyahlanya ezitaladini, ziyaficana ezigcawini; ukubonakala kwazo kunjengezimbaqa, zigijima njengemibani.

5Useyakhumbula izikhulu zakhe, ziyakhubeka ekuhambeni kwazo; zisheshela izingange zakhona, izivikelo ziyalungiswa.

6Amasango emifula ayavulwa, indlu yamakhosi iyancibilika.

7Kunqunyiwe: liyambulwa, lisuswe; izincekukazi zalo zibubula ngezwi lamajuba, zibetha phezu kwezinhliziyo zazo.

8Kepha iNineve linjengechibi lamanzi kwasendulo, nokho bayabaleka. Yimani, yimani! Kepha akakho ophendukayo.

9Phangani isiliva! Phangani igolide! Ngokuba akukho ukuphela kokunqwatshelweyo nokukhazimula kwazo zonke izinto ezinxanelekayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Liyize, alisenalutho, lichithekile; inhliziyo iyancibilika, amadolo ayashayana, imihelo isezinkalweni zonke, nobuso babo bonke buphaphathekile.

11 Uphi umphandu wezingonyama, nedlelo lamabhongo ezingonyama, lapho kwahamba ingonyama nengonyamakazi nebhongo lengonyama, kungekho okwesabisayo na?

12Ingonyama yadwengula okwanele amabhongo ayo, yabindela izingonyamakazi zayo; yagcwalisa imiphandu yayo ngempango nemigede yayo ngengcugco.

13 Bheka, ngimelene nawe, usho uJehova Sebawoti; ngiyakushisa izinqola zakho emsini, inkemba idle amabhongo akho ezingonyama; ngiyakunquma impango yakho emhlabeni, nezwi lezithunywa zakho alisayikuzwakala.

## UNahume 3

### Ukuziphakamisa kweNineve nokujeziswa kwalo

1 Wo kumuzi wezingazi! Wonke ugcwele amanga nempango, ukuphanga akupheli.

2Ngukuqhuma kwesiswebhu, nomsindo wokugodlozela kwamasondo, namahhashi agadulayo, nezinqola ezixhumayo;

3ngabamahhashi abasukelayo, nenkemba enjengelangabi, nomkhonto onyazimayo, abaningi ababuleweyo nenqwaba yezidumbu, kungekho ukuphela kwezidikadika; bakhubeka ngezidikadika zabo,

4ngenxa yobuningi bobufebe besifebe esibukekayo, umnikazi wokulumba, esithengisa izizwe ngobufebe baso, nemindeni ngamalumbo aso.

5 Bheka, ngimelene nawe, usho uJehova Sebawoti; ngiyakuphakamisa imiphetho yakho ebusweni bakho, ngibonise izizwe ubunqunu bakho, nemibuso ihlazo lakho.

6Ngiyakuphonsa okunengakayo phezu kwakho, ngikuhlazise, ngikubeke ube yinto ebukwayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Kuyakuthi bonke abakubonayo bakubalekele, bathi: INineve lichithekile, ngubani oyakulililela na? Ngiyakukufunelaphi abaduduzi na?

8 Umuhle wena kuneNo Amoni elaliphakathi kwemifula, elalizungezwe ngamanzi, elilugange lwalo lwalulwandle, nelidonga lwalo lungamanzi, na?

9 IKushe neGibithe kwakungamandla alo angenakuphela; uPhuthi namaLubi babe ngabasizi bakho.

10Nalo lamukiswa, laya ekuthunjweni, nezingane zalo zachotshozwa ezingosini zazo zonke izitaladi; benza inkatho ngezikhulu zalo, nabo bonke abakhulu balo baboshwa ngamaketanga.

11Uyakudakwa nawe, ufihlwe; futhi uyakufuna inqaba yokubalekela izitha.

12Zonke izinqaba zakho ziyimikhiwane enamakhiwane ayingqalabutho; uma inyakaziswa, awela emlonyeni wodlayo.

13 Bheka, abantu bakho phakathi kwakho bangabesifazane nje; amasango ezwe lakho avulekele impela izitha zakho, umlilo udlile imigoqo yakho.

14Zikhelele amanzi okuvinjezelwa, uqinise izinqaba zakho; ngena odakeni, uxove ibumba, uqinise uhonela.

15Lapho umlilo uyakukuqeda, inkemba ikunqume, ikudle njengenkasa; zandise njengenkasa, zandise njengesikhonyane!

16Wandisile abathengisi bakho kunezinkanyezi zezulu; inkasa iyakhula, indize imuke.

17Izikhulu zakho zinjengezinkumbi, nezinduna zakho zinjengamaqulo esikhonyane esihlezi phakathi kwezingange ngosuku olumakhaza, kepha lapho liphuma ilanga, sindize simuke, ingabe isaziwa indawo yaso ukuthi iphi.

18 Abelusi bakho balele, nkosi yase-Asiriya; abakhulu bakho bayaphumula; abantu bakho bahlakazekile ezintabeni, akakho obabuthayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Akukho ukupholiswa kokwaphulwa kwakho; umvimbo wakho unzima;
bonke abezwa umbiko ngawe bashaya izandla ngawe, ngokuba ngubani
ububi bakho obungadlulelanga njalo phezu kwakhe na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UHabakuki

## UHabakuki 1

### UHabakuki ukhala kuNkulunkulu

1Isiprofetho owasibonayo uHabakuki umprofethi.

2Ngiyakukuncenga kuze kube nini, Jehova, ungezwa, ngikhala ngendluzula, ungasindisi, na?

3Ungiboniselani ububi, ungibhekise ukukhathazeka na? Ngokuba ukuchitheka nendluzula kuphambi kwami; kukhona ukulwa, ukuxabana kuyaqhamuka.

4Ngalokho umthetho uba buthakathaka, nokwahlulela akuphumi kuze kube nini, ngokuba omubi uhaqa olungileyo; ngalokho ukwahlulela kuphuma kuhlanekezelwe.

### UNkulunkulu uvusela u-Israyeli amaKaledi

5 Bonani phakathi kwabezizwe, nibheke, nimangale nokumangala, ngokuba wenza isenzo ezinsukwini zenu eningayikukholwa yiso, lapho silandwa.

6Ngokuba bhekani, ngiyavusa amaKaledi, isizwe esibabayo nesiphulukundlelayo, esidabula ebubanzini bomhlaba ukuyokudla izindawo zokuhlala ezingeyizo ezaso.

7Siyethusa, siyesabeka; kuphuma kuso ukwahlulela kwaso nesithunzi saso.

8 Amahhashi aso anejubane kunezingwe, anonya kunezimpisi zakusihlwa; abamahhashi baso bayaqinisela; yebo, bavela kude abamahhashi baso, bandiza njengokhozi oluphuthuma ukudla.

9Zonke zifikela indluzula, ubuso bazo bujonga phambili; zibutha abathunjwa njengesihlabathi.

10Yebo, sibhinqa amakhosi, nababusi balusulu kuso; sihleka zonke izinqaba, sinqwabela uthuli, sizithathe.

11Bese sikhukhula njengomoya, sidlule, sizitholele icala, sona esimandla aso angunkulunkulu waso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Wena Jehova Nkulunkulu wami, oNgcwele, awungowasendulo na? Asiyikufa; Jehova, usinqumele ukwahlulelwa; wena Dwala, usimisele ukujeziswa.

13 Wena omehlo akho ahlambulukile ukuba ungaboni okubi, ungenakubheka ukuhlanekezela, ubhekelani abakhohlisayo, uthulelani lapho omubi egwinya olungileyo kunaye,

14wenze abantu babe njengezinhlanzi zaselwandle, njengezilwanyana ezinwabuzelayo ezingenambusi phezu kwazo na?

15Uyabakhipha bonke ngodobo, abadonse ngenetha, ababuthe ngenetha lakhe elihudulwayo; ngalokho uyathokoza, uyajabula.

16Ngalokho uyahlabela inetha lakhe, ashisele inetha lakhe elihudulwayo impepho, ngokuba isabelo sakhe siyanona ngakho, kube mnandi ukudla kwakhe.

17Ngalokho uyakuthulula inetha lakhe, abulale njalo izizwe ngokunganqamukiyo, na?

## UHabakuki 2

### Ukwahlulelwa kwezizwe

1 Ngiyakuma endaweni yami yokulinda, ngigcule enqabeni, ngikhangele ukubona ukuthi uyakukhulumani kimi nokuthi ngiyakuphendulani ngokusola kwami.

2 UJehova wangiphendula wathi: Wulobe umbono, uwuqophe ezibhebheni ukuba kufundwe kalula.

3Ngokuba umbono usengowesikhathi esimisiweyo; uphuthuma ekupheleni, awuyikukhohlisa; noma ulibala, wulindele, ngokuba uyakufika nokufika, awuyikwephuza.

4 Bheka, umphefumulo wakhe uziphakamisile, awuqotho phakathi kwakhe, kepha olungileyo uzakuphila ngokukholwa kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Yebo, iwayini liyakhohlisa, lingumuntu okhukhumeleyo ongayikuma,
owandisa ukufisa kwakhe njengendawo yabafileyo; unjengokufa: akasuthi;
uyazibuthela zonke izizwe, uziqoqela bonke abantu.

6 Bona abayikuphakamisa isaga nomfanekiso wemfumbe ngaye, bathi: Wo
kuyena owandisa okungesikho okwakhe koze kube nini na? -- nozisindisa
ngezibambiso!

7 Abayikuvuka ngokuzumayo abakulumayo, bavuke abakuthuthumelisayo,
ube yimpango yabo, na?

8 Ngokuba wena uphangile izizwe eziningi, bonke abanye abantu
bayakuphanga wena, ngenxa yezingazi zabantu nendluzula eyenziwe ezweni,
nasemzini, nakubo bonke abakhe kuwo.

9 Wo kozuzela indlu yakhe inzuzo embi ukuba abeke isidleke sakhe phezulu
ukuyophulwa esandleni sobubi!

10 Ucebele indlu yakho okubi ngokuchitha abantu abaningi, wona kuwo
umphefumulo wakho.

11 Ngokuba amatshe ayakukhala esodongeni, nomshayo uyakuwaphendula
usemithini.

12 Wo kowakha umuzi ngezingazi, aqinise idolobha ngobubi!

13 Bheka, akuveli kuJehova Sebawoti ukuthi abantu bakhandlekela umlilo,
izizwe zizikhathaze ngokuyize, na?

14 Ngokuba umhlaba uyakugcwala ukwazi inkazimulo kaJehova, njengamanzi
asibekela ulwandle.

15 Wo komphuzisa umngane wakhe, axube nokufutheka, amdakise, ukuze
abuke ubunqunu bakhe!

16 Uyakusuthiswa ngehlazo esikhundleni senkazimulo, uphuze nawe,
wambule ijwabu, indebe yesandla sokunene sikaJehova siphendulelwe kuwe,
kube yihlazo phezu kodumo lwakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Ngokuba indluzula eyenziwe eLebanoni iyakukusibekela, ukuchithwa kwezilwane kukwesabise, ngenxa yezingazi zabantu nendluzula eyenziwe ezweni, nasemzini, nakubo bonke abakhe kuwo.

18 Sisizani isithombe esibaziweyo, lokhu umbumbi waso esibaza, nesithombe esibunjiweyo nomfundisi wamanga, lokhu umbumbi waso ethemba kuso, ukuze enze izithombe eziyizimungulu, na?

19 Wo koshoyo kumuthi ukuthi: Vuka! nakulo itshe eliyisimungulu: Phaphama! Lokhu kungafundisa na? Bheka, kunamekwe ngegolide nangesiliva, kungekho neze umoya phakathi kwakho.

20 Kepha uJehova usethempelini lakhe elingcwele; thula phambi kwakhe, mhlaba wonke.

**UHabakuki 3**

**Umkhuleko nendumiso**

1 Umkhuleko kaHabakuki umprofethi; ngeShigiyonoti.

2 Jehova, ngizwile umbiko ngawe, ngiyesaba izenzo zakho; zivuselele phakathi kwale minyaka, wenze ukuba zaziwe kule minyaka, ukhumbule umusa nasolakeni.

3 UNkulunkulu uvela eThemani, oNgcwele uphuma entabeni yasePharanu. ***Sela*** Udumo lwakhe lusibekela amazulu, nomhlaba ugcwele indumiso yakhe.

4 Kuqhamuka ukubengezela kunjengokukhanya; imisebe ivela esandleni sakhe, efihla lapho amandla akhe.

5 Ngaphambi kwakhe kuhamba isifo, amalangabi aphuma ezinyathelweni zakhe.

6 Uyema, uzamazamisa umhlaba; ubuka, uthuthumelisa izizwe; izintaba zaphakade ziyahlakazwa, namagquma amandulo akhothama yizindlela zakhe zaphakade.

7 Ngibona amatende aseKushani ephansi kosizi, izilenge zezwe lakwaMidiyani ziyathuthumela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 UJehova uyathukuthelela imifula na? Ulaka lwakho luvuthela imifula, nentukuthelo yakho ulwandle, lokhu ukhwele amahhashi akho, nezinqola zakho zokunqoba, na?

9 Umnsalo wakho uvele obala, wambuliwe, usuthile ngemicibisholo yesambo sakho. ***Sela*** Uqhekeza umhlaba ube yimifula.

10 Izintaba ziyakubona, zithuthumele; isikhukhula samanzi siyadlula; utwa luzwakalisa izwi lalo, luphakamisela phezulu izandla zalo.

11 Ilanga nenyanga kwema endaweni yakho ngokukhanya kwemicibisholo yakho egijimayo nangokubengezela kwemikhonto yakho ecwebezelayo.

12 Udabula umhlaba ngokuthukuthela, ubhula izizwe ngolaka.

13 Uphumela ukusindiswa kwabantu bakho, yebo, ukusindiswa kogcotshiweyo wakho; uphohloza uphahla endlini yababi, wambula isisekelo kuze kube sentanyeni. ***Sela***

14 Ugwaza ikhanda lomholi wabo ngeyakhe imicibisholo, lapho besondela njengesivunguvungu ukungihlakaza, bejabula njengabayakudla ompofu ngasese.

15 Unyathela ulwandle ngamahhashi akho, inqaba yamanzi amaningi.

16 Ngiyezwa, kuyathuthumela okuphakathi kwami, izindebe zami ziyaqhaqhazela ngenhlokomo; ukubola kungena emathanjeni ami, ngithuthumela endaweni lapha ngimi khona, ngilindela usuku lokuhlupheka ukuze kukhuphuke lokhu okuyakucindezela abantu.

17 Noma umkhiwane ungakhahleli, kungabikho izithelo emvinini, umsebenzi womnqumo uphuthe, amasimu angavezi ukudla, izimvu zinqunywe esibayeni, kungabikho nkomo ezibayeni,

18 nokho mina ngiyakuthokoza ngoJehova, ngijabulele uNkulunkulu wokusindiswa kwami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

19 UJehova, iNkosi yami, ungamandla ami, wenza izinyawo zami zibe
njengezezindluzelekazi, angenze ukuba ngihambe ezindaweni zami
eziphakemeyo. Kumholi wokuhlabelela. Ngogubhu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UZefaniya

## UZefaniya 1

### Usuku lukaJehova

1Izwi likaJehova elafika kuZefaniya indodana kaKushi kaGedaliya ka-Amariya kaHezekiya ezinsukwini zikaJosiya indodana ka-Amoni, inkosi yakwaJuda.

2 Ngiyakuqothula nokuqothula konke, kusuke ebusweni bomhlaba, usho uJehova.

3 Ngiyakuqothula abantu nezilwane, ngiqothule izinyoni zezulu nezinhlanzi zaselwandle, ngikhubekise ababi, nginqume abantu ebusweni bomhlaba, usho uJehova.

4 Ngiyakwelula isandla sami phezu kukaJuda naphezu kwabo bonke abakhileyo eJerusalema, nginqume insali kaBali kule ndawo, negama lababapristi bezithixo kanye nabapristi,

5 nabakhuleka kulo ibandla lasezulwini phezu kwezindlu, nabakhuleka kuJehova bemfunga, befunga futhi uMilkomu,

6nababuyile ekumlandeleni uJehova, nabangamfunanga uJehova bengabuzanga ngaye.

7 Thula phambi kobuso beNkosi uJehova, ngokuba usuku lukaJehova luseduze; uJehova ulungisile umhlatshelo, ungcwelisile abamenyiweyo bakhe.

8 Kuyakuthi ngosuku lomhlatshelo kaJehova, ngihambele izikhulu, namadodana enkosi, nabo bonke abembethe isambatho sabezizwe.

9 Ngalolo suku ngiyakuhambela bonke abeqa umbundu, begcwalisa indlu yamakhosi abo ngobudlova nangenkohliso.

10 Ngalolo suku, usho uJehova, kuyakuba khona izwi lokukhala, livela eSangweni Lezinhlanzi, nokuhhewula, kuvela eNxenyeni Yesibili, nokufahlazeka okukhulu, kuvela emagqumeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Hhewulani nina enakhe esiGqulweni, ngokuba bonke abantu abathengisayo bachithekile, bonke abathweswe isiliva banqunyiwe.

12 Kuyakuthi ngaleso sikhathi ngicwaninge iJerusalema ngezibani, ngihambele abantu abajiyile enhleseni yabo, abathi ezinhliziyweni zabo: UJehova akenzi okuhle, akenzi nokubi.

13 Ingcebo yabo iyakuba yimpango, nezindlu zabo incithakalo; bayakwakha izindlu, kepha abayikuhlala kuzo, batshale izivini, bangaliphuzi kodwa iwayini lazo.

14 Usuku olukhulu lukaJehova luseduze; luseduze, lushesha kakhulu; umsindo wosuku lukaJehova uyababa, neqhawe liyahhewula khona.

15 Lolo suku lungusuku lolaka, usuku lokuhlupheka nolosizi, usuku lwencithakalo nolokuyize, usuku lobumnyama nolwesigayegaye, usuku lwamafu nolobumnyama obukhulu,

16 usuku lwecilongo nolokuhlaba umkhosi ngasemizini ebiyelweyo nasemibhoshongweni yasezingosini.

17 Ngiyakucindezela abantu, bahambe njengezimpumputhe, ngokuba bonile kuJehova; igazi labo liyakuthululwa njengothuli, nenyama yabo njengomquba.

18 Nasiliva labo nagolide labo akuyikuba namandla okubophula ngosuku lwentukuthelo lukaJehova, kepha umhlaba wonke uyakudliwa ngumlilo womhawu wakhe, ngokuba uyakuqeda, yebo, aqede ngokuzumayo bonke abakhileyo ezweni.

## UZefaniya 2

### Ukwahlulelwa kwezizwe

1 Buthanani, yebo, buthana, sizwe esingenamahloni,

2 isimiso singakazali lolo suku ludlula njengamakhoba lungakanehleli ulaka oluvuthayo lukaJehova, lungakafiki phezu kwenu usuku lolaka lukaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Funani uJehova nina nonke bathobekileyo bomhlaba enisebenzile ukwahlulela kwakhe; funani ukulunga; funani ukuthobeka; mhlawumbe niyakusitshekelwa ngosuku lolaka lukaJehova.

4Ngokuba iGaza liyakushiywa, i-Ashikeloni libe yincithakalo; bayakulixosha i-Ashidodi emini, i-Ekroni lisishulwe.

5 Wo kwabakhileyo ngasogwini lolwandle, isizwe samaKhereti! Izwi likaJehova liphezu kwakho, Khanani, lizwe lamaFilisiti. Ngiyakukuchitha ukuze kungabikho ohlala khona.

6Ugu lolwandle luyakuba ngamadlelo, lube nemigodi yabelusi nezibaya zezimvu.

7Ugu luyakuba ngolwensali yendlu yakwaJuda, yaluse kulo; ezindlini zase-Ashikeloni bayakubuthisa kusihlwa, ngokuba uJehova uNkulunkulu wabo uyakubahambela, abuyise ukuthunjwa kwabo.

8 Ngiyizwile inhlamba yakwaMowabi nezithuko zabantwana bakwa-Amoni abathuke ngazo abantu bami, bazikhulisela imikhawulo yabo.

9 Ngalokho, kuphila kwami, usho uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Impela uMowabi uyakuba njengeSodoma, nabantwana bakwa-Amoni njengeGomora, izwe lezimbabazane nelemigodi kasawoti nencithakalo yaphakade; insali yabantu bami iyakubaphanga, nabaseleyo besizwe sami bayakudla ifa labo.

10Lokhu kuyakuba sesikhundleni sokuziphakamisa kwabo, ngokuba bathukile, bazikhulisela abantu bakaJehova Sebawoti.

11UJehova uyakwesabeka phezu kwabo, ngokuba uyakuzacisa bonke onkulunkulu bomhlaba, bakhuleke kuye, kube yilowo nalowo endaweni yakhe, zonke iziqhingi zezizwe.

12 Nani maKushe niyakubulawa ngenkemba yami.

13 Uyakwelulela isandla sakhe ngasenyakatho, achithe i-Asiriya, alenze iNineve libe yincithakalo, lome njengehlane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Imihlambi iyakubuthisa phakathi kwalo, zonke izilwane zesizwe, ivuba nonondwebu kuhlale ebusuku ezihlokweni zezinsika zalo, isikhova sikhale emafasiteleni, kube khona incithakalo emigulugulwini, ngokuba wambulile okwemisedari.

15 Yiwo umuzi owajabula wahlala ulondekile, owathi enhliziyweni yawo: Mina ngikhona, akakho omunye; yeka ukuphenduka kwawo incithakalo nendawo yokubuthisa kwezilwane! Bonke abadlula kuwo bayakuncimfa, banikine isandla sabo.

## UZefaniya 3

### IJerusalema elikhona nelizayo

1Wo kohlubukileyo nongcolileyo, muzi ocindezelayo!

2 Awuzwa zwi, awamukeli ukulaywa, awumethembi uJehova, awusondelanga kuNkulunkulu wawo.

3 Izikhulu zawo phakathi kwawo ziyizingonyama ezibhongayo; abahluleli bawo bayizimpisi zokuhlwa; abashiyeli lutho ingomuso.

4 Abaprofethi bawo bangamayiyane nabakhohlisi; abapristi bawo bayingcolisile indlu engcwele, bawudlovulile umthetho.

5 UJehova ulungile phakathi kwawo, akenzi okubi; ekuseni njalo uveza ukwahlulela kwakhe ekukhanyeni, akuphuthi; kepha abangalungile abazi amahloni.

6 Nginqumile izizwe, imibhoshongo yazo yasezingosini ichithekile; ngichithile izitaladi zazo ukuze kungadluli muntu; imizi yazo iqothuliwe ukuze kungabikho muntu, kungabikho ohlala kuyo.

7Ngathi: Nokho uyakungesaba, wamukele ukulaywa. Indawo yawo yokuhlala ayiyikunqunywa, kungenzeki konke engiwumisele khona; kepha bavuka ekuseni, benza okubi.

8 Ngalokho, ngilindeleni, usho uJehova, kuze kube lusuku engivuka ngalo ukuba ngiphange, ngokuba kuyisinqumo sami ukubutha izizwe ukuba ngiqoqe imibuso, ukuze ngithulule phezu kwabo intukuthelo yami, lonke

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ulaka lwami oluvuthayo, ngokuba wonke umhlaba uyakudliwa ngumlilo
womhawu wami.

9 Ngokuba lapho ngiyakunika abantu izindebe ezihlanzekileyo, ukuze bonke
babize igama likaJehova, bamkhonze nganhliziyonye.

10 Kusukela phesheya kwemifula yaseKushe abanxusa kimi, indodakazi
yabahlakazekileyo bami, bayakuletha umnikelo wami.

11 Ngalolo suku awusayikuba namahloni ngazo zonke izenzo zakho
ophambuke ngazo kimi, ngokuba khona ngiyakususa phakathi kwakho
abazidla ngokujabula, awusayikuziphakamisa entabeni yami engcwele.

12 Kepha ngiyakushiya phakathi kwakho abantu abahluphekayo nabampofu;
bayakwethemba igama likaJehova.

13 Insali yakwa-Israyeli ayisayikwenza okubi, ingakhulumi amanga,
kungafunyanwa emlonyeni wabo ulimi olukhohlisayo; yebo, bayakwaluka,
babuthise, kungekho obesabisayo.

14 Hlabelela ngokujabula, ndodakazi yaseSiyoni, umemeze, Israyeli, uthokoze,
wethabe ngenhliziyo yonke, ndodakazi yaseJerusalema.

15 UJehova ususile ukwahlulelwa kwakho, uxoshile izitha zakho. INkosi
yakwa-Israyeli, uJehova, iphakathi kwakho; awusayikwesaba okubi.

16 Ngalolo suku kuyakuthiwa kulo iJerusalema: Ungesabi, Siyoni! Izandla
zakho mazingadangali.

17 UJehova uNkulunkulu wakho uphakathi kwakho, iqhawe eliyakukusindisa;
uyakujabula ngawe ngentokozo, athule othandweni lwakhe, ethabe ngawe
ngokuhlabelela.

18 Abadabuka ngemikhosi ngiyakubabutha, ababahlukene nawe, usathwele
ihlazo.

19 Bhekani, ngaleso sikhathi ngiyakuphatha bonke abakuhluphayo, ngisindise
abaqhugayo, ngibuthe abaxoshiweyo, ngibenze indumiso negama abahlazo
labo lalisemhlabeni wonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Ngaleso sikhathi ngiyakuningenisa, ngaleso sikhathi ngiyakunibutha, ngokuba ngiyakunenza igama nendumiso phakathi kwabantu bonke bomhlaba, lapho ngibuyisa ukuthunjwa kwenu phambi kwamehlo enu, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UHagayi

## UHagayi 1

### Ukwakhiwa kwethempeli

1 Ngomnyaka wesibili kaDariyu inkosi ngenyanga yesithupha ngosuku lokuqala lwenyanga lafika izwi likaJehova ngesandla sikaHagayi umprofethi kuZerubabele indodana kaSheyalitiyeli, umbusi wakwaJuda, nakuJoshuwa indodana kaJehosadaki, umpristi omkhulu, ngokuthi:

2Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Laba bantu bathi: Akukabi yisikhathi sokuza, isikhathi sokwakha indlu kaJehova.

3Kwase kufika izwi likaJehova ngoHagayi umprofethi, lathi:

4 Kuyisikhathi sokuba nihlale ezindlini zenu ezembesiweyo, le ndlu iseyize, na?

5Ngalokho usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bekani ezinhliziyweni zenu izindlela zenu.

6 Nihlwanyela okuningi, ningenisa okuyingcosana; niyadla, kepha anisuthi; niyaphuza, kepha ananeliswa; niyembatha, kepha akakho ofudumalayo; ozuza imali uyizuzela isikhwama esibhobokileyo.

7Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bekani ezinhliziyweni zenu izindlela zenu.

8Khuphukelani entabeni, nilethe imithi, nakhe indlu; ngiyakuyenamela, ngikhazimuliswe, usho uJehova.

9 Nabheka okuningi; bhekani, kwaphenduka okuncane; lapho nakuletha ekhaya, ngakuphephetha. Ngani na? usho uJehova Sebawoti. Ngenxa yendlu yami eyize, nina nisagijimela, kube yilowo nalowo endlini yakhe.

10Ngalokho izulu livinjelwe kungabe kusabakho mazolo, nomhlaba uvinjelwe ungabe usaba nazithelo.

11 Ngase ngibiza ukoma phezu kwezwe, naphezu kwezintaba, naphezu kwamabele, naphezu kwewayini elisha, naphezu kwamafutha, naphezu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

kokuvezwa ngumhlaba, naphezu kwabantu, naphezu kwezinkomo, naphezu kwayo yonke imisebenzi yezandla.

12UZerubabele indodana kaSheyalitiyeli noJoshuwa indodana kaJehosadaki, umpristi omkhulu, nayo yonke insali yabantu balalela izwi likaJehova uNkulunkulu wabo namazwi kaHagayi umprofethi, njengokuba uJehova uNkulunkulu wabo emthumile; abantu besaba phambi kukaJehova.

13 Wayesekhuluma uHagayi, isithunywa sikaJehova, ngesimemezelo sikaJehova kubantu, wathi: Nginani, usho uJehova.

14UJehova wavuselela umoya kaZerubabele indodana kaSheyalitiyeli, umbusi wakwaJuda, nomoya kaJoshuwa indodana kaJehosadaki, umpristi omkhulu, nomoya wensali yonke yabantu, bafika, benza umsebenzi endlini kaJehova Sebawoti, uNkulunkulu wabo,

15ngosuku lwamashumi amabili nane ngenyanga yesithupha ngomnyaka wesibili kaDariyu inkosi.

## UHagayi 2

### Abakhi bayakhuthazwa

1Ngenyanga yesikhombisa ngolwamashumi amabili nanye lwenyanga izwi likaJehova lafika ngesandla sikaHagayi umprofethi, lathi:

2 Ake ukhulume kuZerubabele indodana kaSheyalitiyeli, umbusi wakwaJuda, nakuJoshuwa indodana kaJehosadaki, umpristi omkhulu, nakuyo insali yabantu, uthi:

3 Ngubani oseleyo phakathi kwenu owayibona le ndlu ekukhazimuleni kwayo kokuqala? Niyayibona injani manje na? Ayinjengento yalutho emehlweni enu na?

4 Kepha qina manje, Zerubabele, usho uJehova, Ube namandla, Joshuwa, ndodana kaJehosadaki, mpristi omkhulu, niqine nonke nina bantu bezwe, usho uJehova, nisebenze ngokuba nginani, usho uJehova Sebawoti.

5 Isithembiso enganinika sona ekuphumeni kwenu eGibithe noMoya wami kuyakuhlala phakathi kwenu; ningesabi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Kusezakuba yisikhashana nje
ngizamazamisa amazulu nomhlaba, nolwandle, nomhlabathi owomileyo,

7 ngizamazamise nabo bonke abezizwe, kufike okunxanelekayo kwabo bonke
abezizwe, ngiyigcwalise le ndlu ngenkazimulo, usho uJehova Sebawoti.

8 Ngelami isiliva, ngelami igolide, usho uJehova Sebawoti.

9 Inkazimulo yokugcina yale ndlu iyakuba nkulu kuneyokuqala, usho
uJehova Sebawoti, nginike ukuthula kule ndawo, usho uJehova Sebawoti.

10 Ngolwamashumi amabili nane lwenyanga yesishiyagalolunye ngomnyaka
wesibili kaDariyu izwi likaJehova lafika kuHagayi umprofethi, lathi:

11 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ake ubabuze abapristi ngomthetho,
uthi:

12Uma umuntu ephethe inyama engcwele emphethweni wengubo yakhe,
ethinta ngomphetho wakhe isinkwa, noma ukudla, noma iwayini, noma
amafutha, noma yikuphi ukudla, kuyakuba ngcwele na? Abapristi
baphendula bathi: Qha.

13Wayesethi uHagayi: Uma ongcolile ngesidumbu ethinta noma yikuphi
kulokhu, kuyakungcola na? Abapristi baphendula bathi: Kuyakungcola.

14 Wayesethatha uHagayi, wathi: Banjalo laba bantu, sinjalo lesi sizwe
ngaphambi kwami, usho uJehova; injalo futhi yonke imisebenzi yezandla
zabo; nalokhu abakusondeza khona kungcolile.

15 Ake nibeke ezinhliziyweni zenu manje, kusukela kulolu suku
nangaphambili, ukuthi kungakabekwa itshe phezu kwetshe ethempelini
likaJehova,

16kusukela kulezo, lapho kwayiwa enqwabeni yezilinganiso ezingamashumi
amabili, kwakuyishumi nje, nalapho kwayiwa ezikhamweni zewayini ukukha
izitsha ezingamashumi ayisihlanu, kwakungamashumi amabili nje.

17Nganishaya ngokuhamuka, nangesikhutha, nangesichotho kuyo yonke
imisebenzi yezandla zenu, kepha nokho anibuyelanga kimi, usho uJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Ake nikubeke ezinhliziyweni zenu, kusukela kulolu suku nangaphambili, kwasosukwini lwamashumi amabili nane lwenyanga yesishiyagalolunye, kwasosukwini okwabekwa ngalo isisekelo sethempeli likaJehova, yebo, nikubeke ezinhliziyweni zenu.

19 Imbewu isesibuyeni na? Qha, imivini, nemikhiwane, namapomegranati, neminqumo akuthelanga; kepha kusukela kulolu suku ngiyakukubusisa.

20Izwi likaJehova lafika ngokwesibili kuHagayi ngolwamashumi amabili nane lwenyanga, lathi:

21 Yisho kuZerubabele umbusi wakwaJuda, uthi: Ngiyakuzamazamisa amazulu nomhlaba,

22ngigumbuqele isihlalo sobukhosi semibuso, ngichithe amandla emibuso yabezizwe, ngigumbuqele izinqola nabakhwela kuzo; namahhashi ayakuwa nezinkweli zawo, kube yileyo naleyo ngenkemba yomfowabo.

23 Ngalolo suku, usho uJehova Sebawoti, ngiyakukuthatha, Zerubabele, nceku yami, ndodana kaSheyalitiyeli, usho uJehova, ngikwenze indandatho, ngokuba ngikukhethile, usho uJehova Sebawoti.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UZakariya

## UZakariya 1

### Abantu bayalezwa ukuphenduka

1 Ngenyanga yesishiyagalombili ngomnyaka wesibili kaDariyu izwi likaJehova lafika kuZakariya indodana kaBerekiya ka-Ido, umprofethi, lathi:

2 UJehova wathukuthelela nokuthukuthelela oyihlo.

3 Kepha yisho wena kubo, uthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Buyelani kimi, usho uJehova Sebawoti, ngiyakubuyela kini, usho uJehova Sebawoti.

4 Ningabi njengawoyihlo abaprofethi bokuqala abamemeza kubo, bathi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ake nibuye ezindleleni zenu ezimbi nasezenzweni zenu ezimbi; kepha kabalalelanga, kabangiqaphelanga, usho uJehova.

5 Oyihlo baphi na? Nabaprofethi bakhona kuze kube phakade na?

6 Kanti amazwi ami nezimiso zami engayala ngakho izinceku zami abaprofethi akubaficanga yini oyihlo, baze baphenduka, bathi: Njengalokho uJehova Sebawoti ebehlosa ukwenza kithi njengezindlela zethu nemisebenzi yethu, wenze kanjalo kithina, na?

### Umbono ngezinkweli zamahhashi

7 Ngosuku lwamashumi amabili nane lwenyanga yeshumi nanye eyinyanga kaShebati ngomnyaka wesibili kaDariyu izwi likaJehova lafika kuZakariya indodana kaBerekiya ka-Ido, umprofethi, lathi:

8 Ngabona ebusuku; bheka, nango umuntu ekhwele ihhashi elibomvu, wema phakathi kwemibomvana eyayisesigodini, nasemva kwakhe kwakukhona amahhashi abomvu, nalufipha, namhlophe.

9 Ngase ngithi: Bayini laba? Ingelosi eyayikhuluma nami yathi kimi: Ngiyakukubonisa ukuthi bayini laba.

10 Umuntu owayemi phakathi kwemibomvana wathatha wathi: Laba yibo uJehova abathumile ukuba bahambahambe emhlabeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[11]Base bethatha, bathi kuyo ingelosi kaJehova eyayimi phakathi kwemibomvana: Sihambahambile emhlabeni; bheka, wonke umhlaba uhlezi uthule.

[12] Yayisithatha ingelosi kaJehova, yathi: Jehova Sebawoti, koze kube nini ungabi nasihe kulo iJerusalema nakuyo imizi yakwaJuda oyithukuthelele le minyaka engamashumi ayisikhombisa na?

[13]UJehova wayesephendula ingelosi eyayikhuluma kimi ngamazwi amahle, amazwi amnandi.

[14] Yayisithi kimi ingelosi eyayikhuluma nami: Memeza uthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ngihawukela iJerusalema neSiyoni ngokuhawukela okukhulu.

[15] Ngentukuthelo enkulu ngiyathukuthelela izizwe ezizinzileyo, ngokuba lapho ngithukuthele kancane nje, zandisa okubi.

[16] Ngalokho usho kanje uJehova, uthi: Ngiyakubuyela eJerusalema ngomusa, indlu yami yakhiwe kulo, usho uJehova Sebawoti, kwelulwe umucu wokulinganisa phezu kweJerusalema.

[17] Phinda umemeze, uthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Imizi yami isayakuchichima okuhle, uJehova abuye aliduduze iSiyoni, abuye alikhethe iJerusalema.

**Umbono ngezimpondo ezine nabakhandi bensimbi**

[18]Ngase ngiphakamisa amehlo ami, ngabona; bheka, nazo izimpondo ezine.

[19]Ngathi kuyo ingelosi eyayikhuluma nami: Ziyini lezi? Yathi kimi: Lezi ziyizimpondo ezihlakazile oJuda, no-Israyeli, neJerusalema.

[20]UJehova wayesengibonisa abakhandi abane bensimbi.

[21]Ngathi: Laba bafike ukwenzani na? Wakhuluma wathi: Leziya ziyizimpondo ezazimhlakaza uJuda ngangokuba kungabangakho muntu ophakamisa ikhanda lakhe, kepha laba bafikile ukubashaya ngovalo, bawise phansi izimpondo zabezizwe ezaziphakamisa uphondo ngezwe lakwaJuda ukuba lihlakazwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## UZakariya 2

### Intambo yokulinganisa

1Ngaphakamisa amehlo ami, ngabona; bheka, nango umuntu enentambo yokulinganisa esandleni sakhe.

2Ngathi: Uya ngaphi? Wathi kimi: Ngiya ukulinganisa iJerusalema, ngibone ukuthi bungakanani ububanzi balo, bungakanani nobude balo.

3Bheka, ingelosi eyayikhuluma nami yayisiphuma, nenye ingelosi yaphuma ukuyihlangabeza,

4 yathi kuyo: Gijima ukhulume kule nsizwa ukuthi iJerusalema liyakwakhiwa njengemizi engenanzingange ngenxa yobuningi babantu nezinkomo okuphakathi kwalo.

5 Kepha mina, usho uJehova, ngiyakuba lugange lomlilo kulo nxazonke, futhi ngibe yinkazimulo phakathi kwalo.

6 Hheyi, hheyi, balekelani izwe lasenyakatho! usho uJehova, ngokuba nginihlakazile njengemimoya yomine yezulu, usho uJehova.

7 Hheyi, zikhulule, uye eSiyoni, wena ohlezi nendodakazi yaseBabele!

8 Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti ongithumile ukulanda inkazimulo yakhe ezizweni ezaziniphanga ngokuba othinta nina uthinta inhlamvu yeso lakhe uthi:

9 Bhekani, ngiyakuqhweba ngesandla phezu kwabo, babe yimpango yababebakhonza, nazi ukuthi nguJehova Sebawoti ongithumileyo.

10 Hlabelela ngokujabula, uthokoze, ndodakazi yaseSiyoni, ngokuba bhekani, ngiyeza, ngiyakuhlala phakathi kwakho, usho uJehova.

11 Izizwe eziningi ziyakuzihlanganisa noJehova ngalolo suku, zibe ngabantu bami; ngiyakuhlala phakathi kwakho, wazi ukuthi nguJehova Sebawoti ongithumile kuwe.

12 UJehova uyakudla ifa lakwaJuda, libe yisabelo sakhe ezweni elingcwele, abuye akhethe iJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Thula, nyama yonke, phambi kukaJehova, ngokuba uvukile, waphuma endaweni yakhe engcwele.

## UZakariya 3

### UJoshuwa umpristi omkhulu ephambi kwengelosi kaJehova

1Wayesengibonisa uJoshuwa umpristi omkhulu emi phambi kwengelosi kaJehova, noSathane emi ngakwesokunene sakhe ukumelana naye.

2UJehova wathi kuSathane: UJehova uyakukukhuza, Sathane, yebo, uJehova olikhethile iJerusalema uyakukukhuza; lo akasiso isikhuni esophulwe emlilweni na?

3UJoshuwa wayembethe izingubo ezingcolileyo; wayemi phambi kwengelosi.

4 Yathatha yasho kwababemi phambi kwayo, yathi: Mkhumuleni izingubo ezingcolileyo. Kuyena yathi: Bheka, ngidedisile kuwe ububi bakho; ngiyakukwembathisa ezobukhosi.

5 Ngase ngithi: Mababeke isigqoko esihlanzekileyo ekhanda lakhe. Base bebeka isigqoko esihlanzekileyo ekhanda lakhe, bamembathisa izingubo, ingelosi kaJehova isemi khona.

6Ingelosi kaJehova yagomela kuJoshuwa, yathi:

7 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Uma uhamba ngezindlela zami, ugcine inkonzo yami, uyakwahlulela endlini yami, ugcine namagceke ami; ngiyakukunika ukuba uhambe phakathi kwalaba abemi lapha.

8 Ake uzwe, Joshuwa, mpristi omkhulu, wena nabangane bakho abahlala phambi kwakho, ngokuba bangabantu abayisibonakaliso: bhekani, ngiyakuveza inceku yami, uHlumela.

9 Ngokuba bheka, itshe engilibeke phambi kukaJoshuwa kukhona amehlo ayisikhombisa etsheni lilodwa ngiyakuqopha ukuqoshwa kwalo, usho uJehova Sebawoti, ngidedisele kude ububi balelo zwe ngalusuku lunye.

10 Ngalolo suku, usho uJehova Sebawoti, niyakumema, kube yilowo nalowo umngane wakhe phansi komvini naphansi komkhiwane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## UZakariya 4

### Uthi lwezibani neminqumo emibili

1 Ingelosi eyayikhuluma nami yabuya, yangivusa njengomuntu evuswa ebuthongweni bakhe.

2 Yathi kimi: Ubonani na? Ngathi: Ngibona, bheka, uthi lwezibani luyigolide lonke, lunembizana yalo phezu kwalo, nezibani zalo eziyisikhombisa zikulo; kukhona imibhobho eyisikhombisa kuleso naleso sibani esiphezu kwalo,

3 neminqumo emibili eseceleni kwalo, omunye ungakwesokunene sembizana, nomunye ungakwesokhohlo sayo.

4 Ngathatha ngasho kuyo ingelosi eyayikhuluma nami, ngathi: Ziyini lezi, nkosi?

5 Ingelosi eyayikhuluma nami yaphendula, yathi kimi: Awazi yini ukuthi ziyini lezi? Ngathi: Qha, nkosi.

6 Yayisithatha isho kimi, ithi: Lokhu kuyizwi likaJehova kaZerubabele lokuthi: Kungabi ngempi, kungabi ngamandla, kepha kube ngomoya wami kuphela, usho uJehova Sebawoti.

7 Ungubani wena ntaba enkulu? Phambi kukaZerubabele uyakuba yithafa; uyakukhipha itshe eliyinhloko ngokumemeza ukuthi: Umusa, mawube kulo!

8 Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

9 Izandla zikaZerubabele zibeke isisekelo sale ndlu, futhi izandla zakhe ziyakuyiqeda, wazi ukuthi nguJehova Sebawoti ongithumile kini.

10 Ngokuba ngubani oyakudelela usuku lwezinto ezincane, lapho ethokoza lawa mehlo ayisikhombisa kaJehova aqalaza emhlabeni wonke ukubona umthofu wokumisa esandleni sikaZerubabele, na?

11 Ngase ngithatha, ngithi kuyo: Iyini le minqumo emibili ngakwesokunene sothi lwezibani nangakwesokhohlo salo na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Ngathatha ngokwesibili, ngathi kuyo: Ayini lawa magatsha amabili eminqumo aseceleni kwemibhobho emibili yegolide, athululwa ngayo amafutha egolide na?

13Yangiphendula yathi: Awazi ukuthi ayini? Ngathi: Qha, nkosi.

14 Yayisithi: Lawa angabagcotshiweyo ababili abemi ngaseNkosini yomhlaba wonke.

## UZakariya 5

### Umqulu wencwadi ondizayo

1Ngabuye ngaphakamisa amehlo ami, ngabona; bheka, nanko umqulu wencwadi ondizayo.

2Yathi kimi: Ubonani na? Ngathi: Ngibona umqulu wencwadi ondizayo, ubude bawo buyizingalo ezingamashumi amabili, nobubanzi bawo buyizingalo eziyishumi.

3 Yayisithi kimi: Nasi isiqalekiso esiphumela ebusweni bomhlaba wonke, ngokuba ngokusho kwaso bonke abebayo bayakunqunywa lapha, nabo bonke abafungayo bayakunqunywa lapha ngokusho kwaso.

4 Ngiyakusiphumisa, usho uJehova Sebawoti, Singene endlini yesela nasendlini yofunga amanga ngegama lami, sihlale phakathi kwendlu yakhe, siyiqede kanye nemithi yayo namatshe ayo.

### Owesifazane ose-efeni*

5Yayisiphuma ingelosi eyayikhuluma nami, yathi kimi: Ake uphakamise amehlo akho, ubone ukuthi kuyini lokhu okuphumayo.

6Ngathi: Kuyini? Yathi: Lokhu kuyi-efa eliphumayo. Yabuye yathi: Lokhu kungububi babo ezweni lonke.

7Bheka, isisibekelo somthofu saziphakamisa, kwakungowesifazane owahlala phakathi kwe-efa.

8Yathi: Lokhu kungububi. Wamphonsa phakathi kwe-efa, waphonsa isisindo somthofu emlonyeni walo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Ngase ngiphakamisa amehlo ami, ngabona; bheka, kwaphuma abesifazane ababili, umoya usemaphikweni abo; babe namaphiko njengamaphiko kanogolantethe, baliphakamisa i-efa emkhathini wezulu nomhlaba.

10Ngase ngithi kuyo ingelosi eyayikhuluma nami: Laba baliyisaphi i-efa na?

11Yathi kimi: Ukulakhela indlu ezweni laseShineyari; isilungisiwe liyakubekwa khona endaweni yalo.

## UZakariya 6

### Izinqola ezine

1Ngabuye ngaphakamisa amehlo ami, ngabona; bheka, kwaphuma izinqola ezine phakathi kwezintaba ezimbili; izintaba zaziyizintaba zethusi.

2 Enqoleni yokuqala kwakukhona amahhashi abomvu, nasenqoleni yesibili amahhashi amnyama,

3nasenqoleni yesithathu amahhashi amhlophe, nasenqoleni yesine amahhashi anala alufipha.

4Ngase ngithatha, ngithi kuyo ingelosi eyayikhuluma nami: Ayini lana, nkosi?

5 Ingelosi yaphendula, yathi kimi: Lana ayimimoya yomine yezulu ephuma ekumeni phambi kweNkosi yomhlaba wonke.

6Enamahhashi amnyama iphumela ezweni lasenyakatho; amhlophe ayawalandela; anala aphumela ezweni laseningizimu.

7 Alufipha aphuma, afuna ukuhambahamba emhlabeni; yathi: Hambani, nihambahambe emhlabeni. Ayesehambahamba emhlabeni.

8Yayisimemeza kimi, yakhuluma kimi, yathi: Bheka, aphumela ezweni lasenyakatho, ayakuthulisa uMoya wami ezweni lasenyakatho.

### Ukugcotshwa kukaJoshuwa umpristi omkhulu

9Lase lifika izwi likaJehova, lathi;

10 Yamukela kubathunjwa, kuHelidayi, nakuThobiya, nakuJedaya izipho, uhambe wena ngalona lolo suku, ungene endlini kaJosiya indodana kaZefaniya, lapho befike khona bevela eBabele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Lapho wamukele isiliva negolide, yenza umqhele, uwubeke ekhanda likaJoshuwa indodana kaJehosadaki, umpristi omkhulu,

12 usho kuye, uthi: Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bheka, kukhona indoda egama layo linguHlumela; uyakumila endaweni yakhe, akhe ithempeli likaJehova.

13Yebo, yena uyakulakha ithempeli likaJehova, athwale ubukhosi, ahlale, abuse esihlalweni sakhe sobukhosi, kube khona nompristi esihlalweni sakhe sobukhosi, kube khona ukululekana ngokuthula phakathi kwabo bobabili.

14Imiqhele iyakuba yisikhumbuzo sikaHelemi, nesikaThobiya, nesikaJedaya, nesikaHeni, indodana kaZefaniya, ethempelini likaJehova.

15 Abakude bayakufika, bakhe ithempeli likaJehova, nazi ukuthi nguJehova Sebawoti ongithumile kini. Kuyakwenzeka, uma nilalela nokulalela izwi likaJehova uNkulunkulu wenu.

## UZakariya 7

### Ukuzila okuyikho

1Kwathi ngomnyaka wesine wenkosi uDariyu izwi likaJehova lafika kuZakariya ngolwesine lwenyanga eyisishiyagalolunye, ekaKhisilevi.

2IBethele lalithume oSareseri noRegemi Meleki namadoda abo ukunxusa kuJehova

3 nokukhuluma kubapristi abasendlini kaJehova Sebawoti nakubaprofethi ngokuthi: Ngikhale ngenyanga yesihlanu, ngizile, njengalokho ngenzile le minyaka eminingi, na?

4Lase lifika izwi likaJehova Sebawoti kimi, lathi:

5 Khuluma kubo bonke abantu bezwe nakubo abapristi, uthi: Ekuzileni kwenu nasekulileni ngenyanga yesihlanu nangeyesikhombisa le minyaka engamashumi ayisikhombisa nangizilela nokungizilela mina na?

6Lapho nidlayo nalapho niphuzayo, anizidleli, niziphuzela nina, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Akusiwo lawa mazwi uJehova awamemezayo ngesandla sabaprofethi bokuqala, lapho iJerusalema lalakhiwe lisabusa, nalapho imizi yalo nxazonke zalo nelaseningizimu nehlanze kwakwakhiwe, na?

8 Izwi likaJehova lafika kuZakariya, lathi:

9 Washo kanje uJehova Sebawoti, wathi: Yahlulelani izahlulelo eziqinisileyo, nenze umusa nobubele, kube yilowo nalowo kumfowabo,

10 ningacindezeli abafelokazi, nezintandane, nabafokazi, nabampofu, kungabi ngoceba okubi ngomfowabo enhliziyweni yakhe.

11 Kepha bala ukulalela, baphekula ihlombe, benza izindlebe zabo zaba buthuntu ukuba bangezwa.

12 Benza izinhliziyo zabo zaba yidayimani, funa bezwe umthetho namazwi ayewathume uJehova Sebawoti ngoMoya wakhe ngesandla sabaprofethi bokuqala; ngalokho kwavela intukuthelo enkulu ivela kuJehova Sebawoti.

13 Kwathi njengalokho wamemeza, bona bengezwanga, kanjalo, usho uJehova Sebawoti, bayakumemeza bona, ngingezwa mina.

14 Ngiyakubahlakazela phakathi kwezizwe zonke abangazazanga. Izwe selichithekile emva kwabo, ukuze kungabikho muntu odlulayo nobuyayo, ngokuba benza izwe elihle laba yincithakalo.

## UZakariya 8

### Isithembiso sokubuyiswa

1 Izwi likaJehova Sebawoti lafika lathi:

2 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ngihawukela iJerusalema ngokuhawukela okukhulu, yebo, ngilihawukela ngokufutheka okukhulu.

3 Usho kanje uJehova, uthi: Ngiyakubuyela eSiyoni, ngihlale phakathi kweJerusalema; iJerusalema liyakuthiwa uMuzi Weqiniso nentaba kaJehova Sebawoti iNtaba Engcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Kusazakuhlala amaxhegu nezalukazi ezitaladini zaseJerusalema, yilowo nalowo abe nodondolo esandleni sakhe ngenxa yobuningi bezinsuku zakhe.

5Izitaladi zasemzini ziyakugcwala abafana namantombazana bedlala ezitaladini zawo.

6Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Uma kuyisimangaliso emehlweni ensali yalaba bantu ngalezo zinsuku, kuyakuba yisimangaliso emehlweni ami na? usho uJehova Sebawoti.

7 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bhekani, ngiyakusindisa abantu bami ezweni lasempumalanga nasezweni lasentshonalanga,

8ngibahambise, bakhe phakathi kweJerusalema, babe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo ngeqiniso nangokulunga.

9Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Maziqine izandla zenu nina enizwa kulezi zinsuku lawa mazwi avela emlonyeni wabaprofethi ababe khona mhla sibekwa isisekelo sendlu kaJehova Sebawoti, ithempeli, ukuba yakhiwe.

10 Ngokuba ngaphambi kwalezo zinsuku kwakungekho nkokhelo yomuntu nanzuzo yenkomo, nakophumayo nakongenayo kwakungekho ukuthula ngenxa yesitha, ngokuba ngakhulula bonke abantu, kwaba yilowo nalowo wamelana nomfowabo.

11Kepha angisayikuba njalo kuyo insali yalaba bantu njengasezinsukwini zakuqala, usho uJehova Sebawoti.

12 Ngokuba kuyakuba khona imbewu yokuthula; umvini uyakuthela izithelo zawo, umhlabathi uveze ukudla kwawo, amazulu anike amazolo awo, ngenze ukuba insali yalaba bantu idle ifa lazo zonke lezi zinto.

13Kuyakuthi, njengalokho wawuyisiqalekiso phakathi kwabezizwe wena ndlu yakwaJuda nawe ndlu yakwa-Israyeli, kanjalo nginisindise, nibe yisibusiso; ningesabi, kepha maziqine izandla zenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Ngokuba usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Njengalokho ngahlosa ukwenza okubi kini, lapho oyihlo babengithukuthelisa, usho uJehova Sebawoti, ngingazisolanga,

15kanjalo ngibuye ngahlosa kulezi zinsuku ukwenzela iJerusalema nendlu yakwaJuda okuhle; ningesabi.

16 Yilezi zinto eniyakuzenza: khulumani iqiniso, kube yilowo nalowo nomfowabo, nahlulele izahlulelo zeqiniso nezokuthula emasangweni enu,

17ningacebi okubi ezinhliziyweni zenu, kube yilowo nalowo ngomakhelwane wakhe, ningathandi izifungo zamanga, ngokuba lezo zinto yilezo engizizondayo, usho uJehova.

18Izwi likaJehova Sebawoti lafika kimi, lathi:

19 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ukuzila kwenyanga yesine, nokuzila kweyesihlanu, nokuzila kweyesikhombisa, nokuzila kweyeshumi kuyakuba ngukujabula nokuthokoza nemikhosi emihle kuyo indlu yakwaJuda; thandani iqiniso nokuthula.

20 Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Kusazakufika izizwe nabakhe emizini eminingi,

21bahambe abakhileyo komunye, baye komunye, bathi: Masiye impela ukunxusa ebusweni bukaJehova, simfune uJehova Sebawoti; nami ngiyakuhamba.

22Kuyakufika abantu abaningi nezizwe ezinamandla ukufuna uJehova Sebawoti eJerusalema nokunxusa ebusweni bukaJehova.

23Usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Ngalezo zinsuku amadoda ayishumi azo zonke izilimi zabezizwe ayakubamba umphetho womuntu wakwaJuda ngokuthi: Siyakuhamba nani, ngokuba sizwile ukuthi uNkulunkulu unani.

## UZakariya 9

### Ukuchithwa kwezitha zakwa-Israyeli

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Isiprofetho sezwi likaJehova phezu kwezwe lakwaHadiraki; nalo iDamaseku
liyakuba yindawo yokuhlala kwaso, ngokuba uJehova uneso kubantu,
ikakhulu kuzo zonke izizwe zakwa-Israyeli,

2 kanye neHamati elikhawula kulo, neTire neSidoni, ngokuba kuhlakaniphile
kakhulu.

3 ITire lazakhela inqaba, lanqwabela isiliva njengothuli, negolide
elicwengekileyo njengodaka lwasezitaladini.

4 Bheka, iNkosi iyakulaphuca, iphonse imfuyo yalo elwandle, lona lidliwe
ngumlilo.

5 I-Ashikeloni liyakukubona, lesabe, neGaza futhi, bese lithuthumela kakhulu,
kanye ne-Ekroni, ngokuba ukwethemba kwalo kuyakujabha; inkosi
iyakubhubha eGaza, ne-Ashikeloni aliyikuhlalwa.

6 E-Ashidodi kuyakuhlala umntwana wesihlahla; ngiyakunquma
ukuziphakamisa kwamaFilisti.

7 Ngiyakukhipha igazi labo emlonyeni wabo, nezinengiso zabo phakathi
kwamazinyo abo, nabo uqobo babe yinsali kuNkulunkulu wethu, babe
ngababusi kwaJuda nase-Ekroni njengamaJebusi.

8 Ngiyakumisa ngibe yinqaba yendlu yami, ukuze kungabikho odlulayo
nobuyayo; akusayikudlula mcindezeli kubo, ngokuba sengibonile ngawami
amehlo.

### INkosi yaseSiyoni

9 Thokoza kakhulu, ndodakazi yaseSiyoni; jabula nokujabula, ndodakazi
yaseJerusalema; bheka, iNkosi yakho iza kuwe, ilungile, inensindiso,
ithobekile, ikhwele imbongolo, ithole, inkonyane yembongolokazi.

10 Ngiyakunquma inqola kwa-Efrayimi nehhashi eJerusalema, nomnsalo
wokulwa uyakunqunywa; iyakukhuluma ukuthula kwabezizwe, nokubusa
kwayo kuyakusukela elwandle kuze kufike elwandle, kusukela eMfuleni kuze
kufike emajukujukwini omhlaba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

11 Nawe, ngenxa yegazi lesivumelwano sakho, ngikhiphile iziboshwa zakho emgodini okungekho kuwo amanzi.

12 Buyelani enqabeni, ziboshwa esezinethemba; namuhla ngiyanitshela ukuthi ngiyakubuyisela kini okuphindwe kabili.

13Ngokuba ngizigobela uJuda njengomnsalo, ngibeka u-Efrayimi kuwo, ngivusela amadodana akho, Siyoni, kumadodana akho, Javani, ngikwenze inkemba yeqhawe.

14UJehova abesebonakala phezu kwabo, umcibisholo wakhe uphume njengonyazi; iNkosi uJehova iyakubetha icilongo, ihambe ngezivunguvungu zaseningizimu.

15 UJehova Sebawoti uyakubavikela, badle, banyathele phansi amatshe endwayimana; bayakuphuza igazi labo njengewayini, bagcwale njengemikhele, njengamagumbi e-altare.

16 UJehova uNkulunkulu wabo uyakubasindisa ngalolo suku njengomhlambi wabantu bakhe, ngokuba bangamatshe omqhele abengezela phezu kwezwe lakhe.

17 Yeka ubuhle balo! Yeka ukubukeka kwalo! Amabele abo ayakuhlumisa izinsizwa zalo, newayini elisha izintombi zalo.

## UZakariya 10

### UJehova ungumsizi oqinisileyo

1 Celani kuJehova imvula ngesikhathi semvula yamuva, uJehova owenza imibani, abesebanika izihlambi zemvula, yilowo nalowo aphiwe utshani ezweni lakhe.

2 Ngokuba amatherafi akhulumile okuyize, nababhuli babone okungamanga; bakhuluma amaphupho angelutho, baduduza ngeze; ngalokho bayasuka njengezimvu, bathotshisiwe, ngokuba kungekho umalusi.

3 Intukuthelo yami ivuthele abelusi; ngiyakujezisa izimpongo, ngokuba uJehova Sebawoti uyakuhambela umhlambi wakhe, indlu yakwaJuda, abenze babe njengehhashi elinobukhosi ekulweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Kuyena kuyakuphuma itshe legumbi, kuyena isikhonkwane, kuyena umnsalo wempi, kuyena bonke ababusi kanyekanye.

5 Bayakuba njengamaqhawe anyathela udaka ezitaladini ekulweni; bayakulwa, ngokuba uJehova unabo, nezinkweli zamahhashi ziyakujabha.

6 Ngiyakuqinisa indlu yakwaJuda, ngisindise indlu yakwaJosefa, ngibabuyise, ngokuba nginomusa kubo, babe kungathi angizange ngibalahle, ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wabo; ngiyakubezwa.

7U-Efrayimi uyakuba njengeqhawe; inhliziyo yabo iyakuthokoza njengangewayini; abantwana babo bayakukubona, bathokoze; inhliziyo yabo iyakujabula kuJehova.

8Ngiyakubahlabela ikhwelo, ngibabuthe, ngokuba ngibahlengile; bayakwanda njengalokho kade banda.

9 Nalapho ngibahlwanyela phakathi kwabantu, bayakungikhumbula ezindaweni ezikude, baphile kanye nabantwana babo, babuye.

10 Ngiyakubabuyisa ezweni laseGibithe, ngibabuthe e-Asiriya, ngibangenise ezweni lakwaGileyadi naseLebanoni, abayikutholelwa indawo.

11 Bayakudabula elwandle lokuhlupheka, kushaywe amaza olwandle, nezintwa zonke zeNayile ziyakoma, kwehliswe ukuziphakamisa kwe-Asiriya, isuke intonga yaseGibithe.

12 Ngiyakubaqinisa kuJehova, bahambe egameni lakhe, usho uJehova.

## UZakariya 11

### Ukuwa kwemithi emihle

1Vula iminyango yakho, Lebanoni, ukuba umlilo udle imisedari yakho.

2Hhewula, msayipuresi, ngokuba umsedari uyawa, ngokuba emihle iyachithwa; hhewulani nina ma-oki aseBashani, ngokuba ihlathi elingenakudatshulwa liyawa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[3] Izwi lokukhala kwabelusi! ngokuba udumo lwabo luyachithwa; izwi lokubhonga kwamabhongo ezingonyama! ngokuba ubuhle beJordani buyaqothulwa.

### Abelusi bakwa-Israyeli

[4]Usho kanje uJehova uNkulunkulu wami, uthi: Yalusa izimvu zokuhlatshwa,

[5] ezibathengi bazo bazihlaba, bengazithwesi icala bona kodwa, nezibathengisi bazo bathi: Makabongwe uJehova, ngokuba ngiceba njalo, nezibelusi bazo bangazihawukeli.

[6] Ngokuba angisayikubahawukela abakhileyo ezweni, usho uJehova, kepha bheka, ngiyakunikela abantu, kube yilowo nalowo esandleni somakhelwane wakhe nasesandleni senkosi yakhe; bona bayakushaya izwe labo, kepha angiyikubophula esandleni sabo.

[7]Ngase ngalusa izimvu zokuhlatshwa, izimvu ezihluphekayo. Ngazithathela izintonga ezimbili, enye ngayibiza ngokuthi uMusa, nenye ngayibiza ngokuthi uZibopho; ngalusa-ke izimvu.

[8]Ngabanquma abelusi bobathathu ngenyanga inye, ngokuba umphefumulo wami wadinwa yibo, nganengwa ngumphefumulo wabo.

[9]Ngase ngithi: Angisayikunalusa; efayo mayife, eyakuchithwa mayichithwe, neziseleyo mazidle, kube yileyo naleyo inyama yenye.

[10] Ngase ngithatha induku yami uMusa, ngayinqamula, ukuze ngaphule isivumelwano sami engangisenzile nabantu bonke.

[11]Saphulwa ngalona lolo suku, bese zazi izimvu ezihluphekayo ezangilalela ukuthi kwakuyizwi likaJehova.

[12] Ngase ngithi kuzo: Uma kukuhle emehlweni enu, ngipheni inkokhelo yami, kepha uma kungenjalo, yekani. Zase zilinganisela inkokhelo yami izinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva.

[13] Wathi kimi uJehova: Ziphonse kumbumbi, inani elikhulu engilinganisiwe nalo yibo. Ngazamukela izinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva, ngaziphonsa kumbumbi endlini kaJehova.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Ngase ngiyinqamula intonga yami yesibili, uZibopho, ukuba ngaphule ubuzalwane phakathi kukaJuda no-Israyeli.

15UJehova wayesethi kimi: Zithathele izikhali zomalusi oyisiwula.

16Ngokuba bheka, ngiyakuvusa umalusi ezweni ongayikuhambela ezilahlekileyo, angafuni ezihlakazekileyo, angazelaphi ezaphukileyo, angaboneleli eziphilayo, kepha adle inyama yezikhulupheleyo, adwebule izinselo zazo.

17 Maye kumalusi oyisiwula oshiya izimvu! Inkemba iyakuba sengalweni yakhe nasesweni lakhe lokunene; ingalo yakhe iyakubuna nokubuna, neso lakhe lokunene liyakufiphala nokufiphala.

## UZakariya 12

### Ukusindiswa kweJerusalema

1 Isiprofetho. Izwi likaJehova ngo-Israyeli. UJehova oweneka amazulu, wabeka isisekelo somhlaba, wabumba umoya womuntu phakathi kwakhe, uthi:

2 Bheka, ngiyakwenza iJerusalema libe yindebe yokutengezela kubo bonke abantu nxazonke nakulo iJuda ekuvinjezelweni kweJerusalema.

3Kuyakuthi ngalolo suku ngenze iJerusalema libe yitshe elisindayo kuzo zonke izizwe; zonke ezizithwesa lona ziyakusikwa nokusikwa; zonke izizwe zomhlaba ziyakulihlanganyela.

4Ngalolo suku, usho uJehova, ngiyakushaya onke amahhashi ngokugcwaneka nezinkweli zawo ngobuhlanya; ngiyakuvula amehlo ami phezu kwendlu yakwaJuda, ngishaye onke amahhashi abezizwe ngobumpumputhe.

5Ababusi bakwaJuda bayakusho ezinhliziyweni zabo ukuthi: Abakhileyo eJerusalema bangamandla ami kuJehova Sebawoti, uNkulunkulu wabo.

6 Ngalolo suku ngiyakwenza ababusi bakwaJuda babe ngumcengezi womlilo phakathi kwemithi nobhaqa lomlilo phakathi kwezithungu; bayakuqeda bonke abantu nxazonke ngakwesokunene nangakwesokhohlo, iJerusalema libe lisahlala endaweni yalo eJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 UJehova uyakusindisa amatende akwaJuda kuqala, ukuze udumo lwendlu yakwaDavide nodumo lwabakhileyo eJerusalema lungakhuliswa phezu kukaJuda.

8 Ngalolo suku uJehova uyakulondoloza abakhileyo eJerusalema; okhubekayo phakathi kwabo ngalolo suku uyakuba njengoDavide, indlu kaDavide ibe njengoNkulunkulu, njengengelosi kaJehova ngaphambi kwabo.

9 Kuyakuthi ngalolo suku ngifune ukuchitha bonke abezizwe abahlasela iJerusalema.

10 Ngiyakuthululela phezu kwendlu kaDavide naphezu kwabakhileyo eJerusalema umoya womusa nowokunxusa, bambheke abamgwazileyo, bamlilele njengokulilela ozelwe yedwa, babe nomunyu ngaye njengonomunyu ngezibulo lakhe.

11 Ngalolo suku kuyakuba khona ukulila okukhulu eJerusalema njengokulila kweHadadi Rimoni esigodini saseMegidoni.

12 Izwe liyakulila imindeni ngemindeni ngokwayo: umndeni wendlu yakwaDavide ngokwawo nabesifazane bawo ngokwabo; umndeni wendlu yakwaNathani ngokwawo nabesifazane bawo ngokwabo;

13 umndeni wendlu yakwaLevi ngokwawo nabesifazane bawo ngokwabo; umndeni kaShimeyi ngokwawo nabesifazane bawo ngokwabo,

14 nayo yonke imindeni eseleyo, imindeni ngemindeni ngokwayo nabesifazane bayo ngokwabo.

## UZakariya 13

### Ukuhlanjululwa kweJerusalema

1 Ngalolo suku kuyakuba khona umthombo ovulelwa izono nokungcola kwendlu kaDavide nabakhileyo eJerusalema.

2 Kuyakuthi ngalolo suku, usho uJehova Sebawoti, nginqume amagama ezithombe ezweni, zingabe zisakhunjulwa, ngidlulise abaprofethi nawomoya abangcolileyo ezweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Kuyakuthi uma kusaprofetha umuntu, uyise nonina abamzalayo basho kuye ukuthi: Awuyikuphila, ngokuba ukhuluma amanga egameni likaJehova, uyise nonina abamzalayo bamgwaze esaprofetha.

4 Kuyakuthi ngalolo suku abaprofethi babe namahloni, kube yilowo nalowo ngombono wakhe ekuprofetheni kwakhe, bangembathi ingubo yoboya ukuyokhohlisa;

5 kepha uyakuthi: Angisiye umprofethi, ngingumlimi womhlabathi, ngokuba umuntu wangithenga ebusheni bami.

6 Uma sekuthiwa kuye: Iyini leyo mivimbo esezandleni zakho na? uyakuthi: Engashaywa ngayo endlini yabathandiweyo bami.

### Umalusi wamanga

7 Vuka, nkemba, uvukele umalusi wami, uvukele umuntu ongumngane wami, usho uJehova Sebawoti. Shaya umalusi, zize zihlakazeke izimvu, bese ngiphendulela abancane isandla sami.

8 Kuyakuthi ezweni lonke, usho uJehova, kunqunywe izinxenye ezimbili kulo, zibhubhe, kusale eyesithathu kulo.

9 Ngiyakungenisa inxenye yesithathu emlilweni, ngibacwengisise njengokucwengisiswa kwesiliva, ngibavivinye njengokuvivinywa kwegolide; bayakubiza igama lami, ngibaphendule, ngithi: Bangabantu bami; base bethi: UJehova unguNkulunkulu wami.

## UZakariya 14

### Usuku lukaJehova

1 Bheka, luyeza usuku lukaJehova, lapho impango yakho iyakwahlukaniswa phakathi kwakho.

2 Ngiyakubuthela iJerusalema bonke abezizwe ukuba balwe nalo; umuzi uyakuthathwa, izindlu ziphangwe, kuphoqwe abesifazane; inxenye yomuzi iyakumuka, iye ekuthunjweni, kepha abantu abaseleyo abayikunqunywa emzini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 UJehova uyakuphuma, alwe nalabo bezizwe njengasosukwini lwempi yakhe
ngosuku lokulwa.

4Izinyawo zakhe ziyakuma ngalolo suku eNtabeni Yeminqumo ephambi
kweJerusalema ngasempumalanga, iNtaba Yeminqumo iqhekezeke phakathi
ngasempumalanga nangasentshonalanga, kube yisigodi esikhulu kakhulu;
inxenye yentaba iyakuqhekezekela ngasenyakatho nenxenye ngaseningizimu.

5 Niyakubalekela esigodini sezintaba zami, ngokuba isigodi sezintaba
siyakufinyelela e-Aseli, yebo, niyakubaleka njengalokho nabalekela
ukuzamazama komhlaba ngezinsuku zika-Uziya inkosi yakwaJuda; lapho
kuzakufika uJehova uNkulunkulu wami nabo bonke abangcwele kanye nawe.

6Kuyakuthi ngalolo suku kungabikho ukukhanya, amakhaza nesithwathwa
kuphela.

7 Kuyakuba lusuku ngokwalo olwaziwa nguJehova, kungabi yimini, kungabi
ngubusuku, kepha kube ngukukhanya ngesikhathi sokuhlwa.

8 Kuyakuthi ngalolo suku kuphume amanzi aphilayo eJerusalema, inxenye
yawo ngaselwandle lwasempumalanga, inxenye yawo ngaselwandle
lwasentshonalanga, kube sehlobo nasebusika.

9 UJehova uyakuba yiNkosi emhlabeni wonke; ngalolo suku uJehova uyakuba
munye, negama lakhe libe linye.

10 Lonke izwe liyakuphenduka ithafa kusukela eGeba kuze kube seRimoni
ngaseningizimu kwaseJerusalema; liyakuphakanyiswa, lihlale endaweni yalo,
kusukela eSangweni likaBenjamini kuze kube sendaweni yesango lakuqala,
kuze kube seSangweni Lasegumbini, kusukela eMbhoshongweni kaHananeli
kuze kube sesikhamweni sewayini senkosi.

11 Kuyakuhlalwa kulo, kungabe kusabakho siqalekiso, kepha iJerusalema
liyakuhlala ngokulondeka.

12Yikho okuyakuba ngukushaya uJehova ayakushaya ngakho bonke abantu
abalwe neJerusalema: inyama yabo iyakudleka besemi ngezinyawo zabo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

namehlo abo ayakuphelela ezikhoxeni zawo, ulimi lwabo ludleke emlonyeni wabo.

13 Kuyakuthi ngalolo suku kube phakathi kwabo isidumo esikhulu esivela kuJehova, babambe, kube yilowo nalowo isandla somakhelwane wakhe, isandla sakhe sivukele isandla somakhelwane wakhe.

14 NoJuda uyakulwa eJerusalema, kubuthwe ingcebo yazo zonke izizwe ezizungezileyo, igolide, nesiliva, nezambatho, kube kuningi kakhulu.

15 Kuyakuba njalo ukushaywa kwamahhashi, neminyuzi, namakamela nezimbongolo, nazo zonke izilwane, okuyakuba khona kulawo makamu, njengalokho kushaywa.

16 Kuyakuthi bonke abaseleyo ezizweni zonke ezazilifikela iJerusalema bakhuphuke iminyaka ngeminyaka ukukhuleka eNkosini uJehova Sebawoti nokugubha umkhosi wamadokodo.

17 Kuyakuthi abangakhuphuki emindenini yomhlaba, baye eJerusalema ukukhuleka eNkosini uJehova Sebawoti, phezu kwabo kungabi yimvula.

18 Uma umndeni waseGibithe ungakhuphuki uze ufike, ayiyikuba naphezu kwawo; kepha kuyakuba khona ukushaywa uJehova ayakushaya ngakho izizwe ezingakhuphuki ukugubha umkhosi wamadokodo.

19 Lokhu kuyakuba yisijeziso seGibithe nesijeziso sazo zonke izizwe ezingakhuphuki ukugubha umkhosi wamadokodo.

20 Ngalolo suku kuyakulotshwa ezikhencezweni zamahhashi ukuthi: Zahlukaniselwe uJehova, amakhanzi asendlini kaJehova abe njengemikhele phambi kwe-altare.

21 Onke amakhanzi eJerusalema nakwaJuda ayakwahlukaniselwa uJehova Sebawoti; bonke abahlabayo bayakufika, bathathe kuwo, bapheke kuwo, kungabe kusabakho mthengisi ngalolo suku endlini kaJehova Sebawoti.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# UMalaki

## UMalaki 1

### Uthando lukaJehova ku-Israyeli

1Isiprofetho. Izwi likaJehova ku-Israyeli ngesandla sikaMalaki.

2 Nginithandile, usho uJehova. Nokho nithi: Usithande kanjani na? U-Esawu akasiye umfowabo kaJakobe na? usho uJehova. Ngamthanda uJakobe,

3 kepha u-Esawu ngamzonda, ngenza izintaba zakhe incithakalo, nefa lakhe ngalinika amakhanka asehlane.

4Uma u-Edomi ethi: Sichithiwe, kepha siyakubuye sakhe izincithakalo, usho kanje uJehova Sebawoti, uthi: Bayakwakha bona, kepha mina ngiyakudiliza, babizwe ngokuthi uMkhawulo Wobubi, nabantu uJehova abathukuthelelayo kuze kube phakade.

5Amehlo enu ayakukubona, bese nithi: UJehova uyakuba mkhulu, kudlule nasemkhawulweni ka-Israyeli.

### UJehova uyadelelwa

6 Indodana idumisa uyise, nenceku inkosi yayo; uma nginguyise, kuphi ukudunyiswa kwami? Uma ngiyinkosi, kuphi ukwesatshwa kwami? usho uJehova Sebawoti, kinina bapristi enilidelela igama lami. Nokho nithi: Silidelele kanjani igama lakho na?

7 Ngokunikela ngesinkwa esingcolileyo e-altare lami. Bese nithi: Sikungcolise ngani na? Ngokusho kwenu ukuthi: Itafula likaJehova lidelelekile.

8 Lapho ninikela ngesilwane esiyimpumputhe sibe ngumhlatshelo, akukubi na? Lapho ninikela ngesilwane esiqhugayo nesigulayo, akukubi na? Mawusisondeze kumbusi wakho; uyakuba nomusa kuwe na? Uyakukwamukela na? usho uJehova Sebawoti.

9 Manje ake ninxuse kuNkulunkulu ukuba abe nomusa kithi; njengokuba ninokunjalo ezandleni zenu, uyakunamukela na? usho uJehova Sebawoti.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Sengathi kungaba khona phakathi kwenu ongavala izicabha, ukuze
ningabaseli ize e-altare lami! Angithokozi ngani, usho uJehova Sebawoti,
angiyikwamukela iminikelo ezandleni zenu.

11 Ngokuba kusukela ekuphumeni kwelanga kuze kube sekushoneni kwalo
igama lami likhulu phakathi kwezizwe; ezindaweni zonke igama lami
lishiselwa impepho kanye neminikelo ehlambulukileyo, ngokuba igama lami
likhulu phakathi kwezizwe, usho uJehova Sebawoti.

12 Kepha niyalihlambalaza ngokusho kwenu ukuthi: Itafula leNkosi lingcolile
lona, nesithelo salo, ukudla kwalo, sidelelekile.

13Nisho futhi ukuthi: Bheka ukuhlupheka! bese nilincimfela, usho uJehova
Sebawoti, niletha okuthathwe ngobudlova, nokuqhugayo, nokugulayo,
niletha kanjalo umnikelo; bengiyakwamukela lokhu esandleni senu na? usho
uJehova.

14 Makaqalekiswe okhohlisayo, okukhona emhlambini wakhe iduna, kanti
athembise, ahlabele iNkosi okonakeleyo; ngokuba ngiyinkosi enkulu, usho
uJehova Sebawoti, negama lami liyesabeka phakathi kwezizwe.

## UMalaki 2

### Ukukhohlisa kuka-Israyeli

1 Manje lo myalo ungowenu bapristi.

2 Uma ningezwa, uma ningakubeki enhliziyweni ukunika igama lami udumo,
usho uJehova Sebawoti, ngiyakuthuma kini isiqalekiso, ngiqalekise izibusiso
zenu, yebo, sengiziqalekisile, ngokuba anikubeki enhliziyweni.

3 Bhekani, ngiyakusongela inzalo yenu ngenxa yenu, ngithele umquba
ebusweni benu, umquba wemikhosi yenu, nisuselwe kuwo.

4Niyakwazi ukuthi ngithumile kini lo myalo ukuba isivumelwano sami noLevi
sime, usho uJehova Sebawoti.

5 Isivumelwano sami naye sasingukuphila nokuthula, ngamnika khona ukuba
esabe; wangesaba, waphela amandla phambi kwegama lami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Umthetho weqiniso wawusemlonyeni wakhe, nobubi babungatholwa
ezindebeni zakhe; wahamba nami ngokuthula nangobuqotho, wabuyisa
abaningi ebubini.

7 Ngokuba izindebe zompristi ziyakugcina ukwazi, kufunwe umthetho
emlonyeni wakhe, ngokuba uyisithunywa sikaJehova Sebawoti.

8Kepha nichezukile endleleni, nikhubekisile abaningi emthethweni;
nisonakalisile isivumelwano sikaLevi, usho uJehova Sebawoti.

9 Ngalokho mina nginenzile naba ngabadelelekileyo nabathotshisiweyo
phambi kwabantu bonke njengokuba ningazigcinanga izindlela zami, kepha
nikhethe ubuso emthethweni.

10 Asinaye ubaba munye thina sonke? Asidalwanga nguNkulunkulu munye
na? Sikhohlisanelani, kube yilowo nomfowabo, sisingcolisa isivumelwano
sawobaba na?

11 UJuda ukhohlisile, isinengiso senziwe kwa-Israyeli naseJerusalema,
ngokuba uJuda uyingcolisile indlu engcwele kaJehova ayithandayo,
waganwa yindodakazi kankulunkulu wabezizwe.

12UJehova makanqume kumuntu owenza lokhu ufakazi nophendulayo
ematendeni akwaJakobe kanye noletha umnikelo kuJehova Sebawoti.

13 Ngokwesibili niyakwenza nalokhu: nisibekela i-altare likaJehova
ngezinyembezi, nangokukhala, nangokububula, angabe esayinakekela
iminikelo, ingabe isamukeleka esandleni senu.

14 Bese nithi-ke: Ngani na? Ngokuba uJehova wayengufakazi phakathi
kwakho nomfazi wobusha bakho omkhohlisile wena, noma engumngane
wakho nomfazi wesivumelwano sakho.

15 AkusiMunye osenzileyo, okusele kuye umoya wethu na? Ufunani lo
Munye? Inzalo kaNkulunkulu. Ngalokho qaphelani umoya wenu ukuba
ningamkhohlisi umfazi wobusha benu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Ngokuba ngiyazonda ukwahlukana, usho uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, nozisibekelayo ngobudlova njengesambatho, usho uJehova Sebawoti. Ngalokho qaphelani umoya wenu ukuba ningakhohlisi.

17Nimkhathazile uJehova ngamazwi enu. Nokho nithi: Simkhathaze kanjani? Ngokusho ukuthi: Bonke abenza okubi bahle emehlweni kaJehova; yena uthokoza ngabo, noma: Uphi uNkulunkulu wokwahlulela na?

**UMalaki 3**

### Isithunywa sikaJehova

1 Bhekani, ngiyathuma isithunywa sami; siyakulungisa indlela phambi kwami. INkosi eniyifunayo iyakufika ngokuzumayo ethempelini layo; nesithunywa sesivumelwano enithokoza ngaso, bheka, siyeza, usho uJehova Sebawoti.

2Ngubani ongathwala usuku lokufika kwaso? Ngubani oyakuma ekubonakaleni kwaso na? Ngokuba sinjengomlilo wocwengisisayo nensipho yomhlanzi.

3 Siyakuhlala sicwengisisa sihlanza isiliva, sihlambulule amadodana kaLevi, siwahluze njengegolide nesiliva, aze anikele ngeminikelo kuJehova ngokulunga.

4Isiyakuba mihle kuJehova iminikelo yakwaJuda neyeJerusalema njengasezinsukwini zasendulo naseminyakeni yakuqala.

5 Ngiyakusondela kini ukwahlulela, ngibe ngufakazi osheshayo ngabalumbi, nangeziphingi, nangabafunga amanga, nangabacindezela abaqashwa ngenkokhelo yabo, nabafelokazi, nezintandane, nabachezukisa abafokazi, bengangesabi mina, usho uJehova Sebawoti.

6 Ngokuba mina Jehova angiguquki; ngalokho nina madodana kaJakobe aniqedwa.

7 Kusukela emihleni yawoyihlo nichezukile ezimisweni zami, anizigcinanga. Buyelani kimi, ngiyakubuyela kini, usho uJehova Sebawoti. Nokho nithi: Siyakubuyela kanjani?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Umuntu angaphanga uNkulunkulu na? Nokho niyangiphanga. Bese nithi: Sikuphange kanjani na? Ngokweshumi nangeminikelo.

9Niqalekisiwe ngesiqalekiso, nokho niyangiphanga, sizwe sonke.

10Ngenisani konke okweshumi endlini yengcebo ukuba kube ngukudla endlini yami, ningivivinye ngalokhu, usho uJehova Sebawoti, uma ngingayikunivulela amafasitele asezulwini, nginithululele isibusiso kunokwaneleyo.

11Ngenxa yenu ngiyakukhuza okudlayo, kungachithi izithelo zomhlabathi wenu, nemivini yenu ayiyikuphutha endle, usho uJehova Sebawoti.

12 Zonke izizwe ziyakuthi nibusiswe, ngokuba niyakuba yizwe elithokozisayo, usho uJehova Sebawoti.

### Ukunqoba kolungileyo

13 Amazwi enu ayelukhuni kimi, usho uJehova. Nokho nithi: Sikhulumeni ngawe na?

14 Nithi: Kuyize ukukhonza uNkulunkulu; kuyinzuzoni ukuthi sigcinile imfanelo yakhe nokuthi sihambe ngokukhedamisa phambi kukaJehova Sebawoti na?

15Kepha manje siyakuthi babusisiwe abaziqhenyayo; yebo, abenza okubi bayakhiwa; noma bemlinga uNkulunkulu, bayakhululwa.

16 Khona abamesabayo uJehova bakhuluma bodwa omunye nomunye; uJehova waqaphela, wezwa, kwalotshwa phambi kwakhe incwadi yokukhumbula ababemesaba uJehova, bezindla ngegama lakhe.

17 Bayakuba ngabami, usho uJehova Sebawoti, babe yimfuyo yami ngosuku engiyakulwenza, ngibahawukele, njengalokhu umuntu ehawukela indodana yakhe emkhonzayo.

18Bese nibuya, nahlukanise abalungileyo nababi, abamkhonza uNkulunkulu nabangamkhonziyo.

## UMalaki 4

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## Usuku lukaJehova

1 Ngokuba bheka, luyeza usuku, luvutha njengeziko; bonke abaziqhenyayo nabo bonke abenza okubi bayakuba ngamabibi; luyakubashisa lolo suku oluzayo, usho uJehova Sebawoti, lungabashiyeli mpande nagatsha.

2 Kepha kinina enilesabayo igama lami kuyakuphuma ilanga lokulunga, linokuphilisa emaphikweni alo; niyakuphuma, nitshekule njengamathole esibaya.

3 Niyakunyathela phansi ababi, ngokuba bayakuba luthuli phansi kwamathe ezinyawo zenu ngosuku engilwenzayo, usho uJehova Sebawoti.

4 Khumbulani umthetho kaMose inceku yami engamyala ngawo eHorebe ngaye wonke u-Israyeli, waba yizimiso nezahlulelo.

## Ukubuya komprofethi u-Eliya

5 Bhekani, ngiyakuthuma kini u-Eliya umprofethi, lungakafiki usuku lukaJehova olukhulu nolwesabekayo.

6 Uyakuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana nezinhliziyo zabantwana koyise, funa ngifike, ngishaye izwe ngesiqalekiso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# Zulu - All Bible

(Ibhayibheli Elingcwele)

# ITESTAMENTE ELISHA

## NgokukaMathewu

### NgokukaMathewu 1

**Izizukulwane zikaJesu**

(Luk. 3:23)

1 Incwadi yokuzalwa kukaJesu Kristu, indodana kaDavide, indodana ka-Abrahama.

2 U-Abrahama wazala u-Isaka, u-Isaka wazala uJakobe, uJakobe wazala uJuda nabafowabo;

3 uJuda wazala oFaresi noZara kuTamari, uFaresi wazala u-Esiromu, u-Esiromu wazala u-Aramu;

4 u-Aramu wazala u-Aminadaba, u-Aminadaba wazala uNasoni, uNasoni wazala uSalimoni;

5 uSalimoni wazala uBowasi kuRakhabi, uBowasi wazala u-Obede kuRuthe, u-Obede wazala uJesayi;

6 uJesayi wazala uDavide, inkosi. UDavide wazala uSolomoni kumka-Uriya;

7 uSolomoni wazala uRobowamu, uRobowamu wazala u-Abiya, u-Abiya wazala u-Asafa;

8 u-Asafa wazala uJosafati, uJosafati wazala uJoramu, uJoramu wazala u-Oziya;

9 u-Oziya wazala uJothamu, uJothamu wazala u-Akazi, u-Akazi wazala uHezekiya;

10 uHezekiya wazala uManase, uManase wazala u-Amoni, u-Amoni wazala uJosiya;

11 uJosiya wazala uJekoniya nabafowabo ngesikhathi sokuthunjelwa eBabiloni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Kwathi emva kokuthunjelwa eBabiloni uJekoniya wazala uSalatiyeli, uSalatiyeli wazala uZorobabeli;

13uZorobabeli wazala u-Abiyudi, u-Abiyudi wazala u-Eliyakimi, u-Eliyakimi wazala u-Azori;

14u-Azori wazala uSadoki, uSadoki wazala u-Akimi, u-Akimi wazala u-Eliyudi;

15u-Eliyudi wazala u-Eleyazare, u-Eleyazare wazala uMathani, uMathani wazala uJakobe;

16uJakobe wazala uJosefa, indoda kaMariya, azalwa nguye uJesu othiwa uKristu.

17Zinjalo-ke izizukulwane zonke ezisukela ku-Abrahama ziye kuDavide, ziyizizukulwane eziyishumi nane; nezisukela kuDavide ziye ekuthunjelweni eBabiloni ziyizizukulwane eziyishumi nane; nezisukela ekuthunjelweni eBabiloni ziye kuKristu ziyizizukulwane eziyishumi nane.

### Ukuzalwa kukaJesu

(Luk. 1:26; 2:1)

18Ukuzalwa kukaJesu Kristu kwaba nje: unina uMariya esemiselwe uJosefa, bengakahlangani wafunyanwa ekhulelwe ngoMoya oNgcwele.

19Kepha uJosefa indoda yakhe engumuntu olungileyo, engathandi ukumthela ihlazo, wayefuna ukumlahla ngasese.

20Esazindla ngalokho, bheka, ingelosi yeNkosi yabonakala kuye ngephupho, ithi: Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi ukumthatha uMariya umkakho, ngokuba lokho akukhulelweyo kungoMoya oNgcwele.

21 Uzakuzala indodana, uyiqambe igama lokuthi uJesu, ngokuba nguye oyakusindisa abantu bakhe ezonweni zabo.

22Lokhu konke kwenzeka ukuba kugcwaliseke okwakhulunywa yiNkosi ngomprofethi ukuthi:

23 Bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana; bayakuyiqamba igama lokuthi u-Emanuweli, okungukuthi ngokuhunyushwa uNkulunkulu unathi .

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

24UJosefa esevukile ebuthongweni wenza njengalokho imyalile ingelosi
yeNkosi, wamthatha umkakhe;

25 akaze aya kuye, waze wazibula ngendodana; wayiqamba igama lokuthi
uJesu.

## NgokukaMathewu 2

### Izazi zasempumalanga

1UJesu esezelwe eBetlehema laseJudiya emihleni kaHerode inkosi, bheka,
kwafika izazi eJerusalema, zivela empumalanga, zithi:

2 Uphi lowo ozelwe eyinkosi yabaJuda na? Ngokuba sibonile inkanyezi yakhe
kwelasempumalanga, size ukukhuleka kuye.

3UHerode inkosi esekuzwile lokho wakhathazeka neJerusalema lonke kanye
naye.

4Wabutha bonke abapristi abakhulu nababhali besizwe, wabuza kubo ukuthi
uKristu uzakuzalelwaphi.

5Bathi kuye: EBetlehema laseJudiya, ngokuba kulotshiwe kanjalo
ngomprofethi ukuthi:

6 Nawe Betlehema, lizwe lakwaJuda, kawusiye omncane nakanye kubabusi
bakwaJuda, ngokuba kuyakuvela kuwe umbusi oyakwalusa isizwe sami u-
Israyeli.

7Khona uHerode, ezibizile izazi ngasese, wabuzisisa kuzo isikhathi inkanyezi
ebonakele ngaso,

8wazithuma eBetlehema, wathi: Hambani nibuzisise ngomntwana; kuyakuthi
nxa nimfumene, ningitshele ukuba nami ngiye ngikhuleke kuye.

9Seziyizwile inkosi, zamuka; bheka, inkanyezi ezayibona
kwelasempumalanga yahamba phambi kwazo, yaze yafika yema phezu
kwalapho umntwana ekhona.

10Zathi ukuyibona inkanyezi, zathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Zase zingena endlini, zabona umntwana noMariya unina, zawa phansi, zakhuleka kuye, zavula amagugu azo, zamkhunga ngezipho: igolide namakha nenhlaka.

12Kwathi ziyaliwe nguNkulunkulu ngephupho ukuba zingabuyeli kuHerode, zabuyela ezweni lakubo ngenye indlela.

13Sezimukile, bheka, ingelosi yeNkosi yabonakala kuJosefa ngephupho, ithi: Vuka uthabathe umntwana nonina, ubalekele eGibithe, uhlale khona, ngize ngikutshele; ngokuba uHerode uzakumfuna umntwana ukuba ambhubhise.

14Wavuka-ke, wathabatha umntwana nonina ebusuku, wamuka waya eGibithe,

15 wahlala khona, waze wafa uHerode, ukuze kugcwaliseke okwakhulunywa yiNkosi ngomprofethi ukuthi: Ngayibiza indodana yami iphume eGibithe.

### Ukubulawa kwabantwana baseBetlehema

16Khona uHerode, esebonile ukuthi izazi zimphambile, wathukuthela kakhulu, wathumela wabulala bonke abantwana besilisa baseBetlehema nasendaweni yonke yangakhona, abaminyaka mibili nangaphansi njengesikhathi abesibuzisisile kuzo izazi.

17Khona kwagcwaliseka okwakhulunywa ngoJeremiya umprofethi ukuthi:

18 Kwezwakala izwi eRama, ukukhala nokulila okukhulu, uRakheli ekhalela abantwana bakhe, engavumi ukududuzwa, ngokuba abasekho.

### Ukubuya kukaJosefa eGibithe nokuhlala kwakhe eNazaretha

19Kepha uHerode esefile, bheka, ingelosi yeNkosi yabonakala ngephupho kuJosefa eGibithe, yathi:

20 Vuka uthabathe umntwana nonina, uye ezweni lakwa-Israyeli; ngokuba sebefile ababezingela ukuphila komntwana.

21Wasuka-ke, wathabatha umntwana nonina, wafika ezweni lakwa-Israyeli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Kepha ezwa ukuthi sekubusa u-Arkelawu eJudiya esikhundleni sikaHerode
uyise, wesaba ukuya khona; eseyaliwe nguNkulunkulu ngephupho wamuka
waya kwelaseGalile;

23 wafika wakha emzini othiwa iNazaretha ukuba kugcwaliseke
okwakhulunywa ngabaprofethi ukuthi: Uyakubizwa ngokuthi umNazaretha.

## NgokukaMathewu 3

### Ukushumayela kukaJohane uMbhapathizi

(Mark. 1:1; Luk. 3:1; Joh. 1:6, 19)

1Ngaleyo mihla kwavela uJohane uMbhapathizi eshumayela ehlane
laseJudiya, ethi:

2 Phendukani, ngokuba umbuso wezulu ususondele!

3 Ngokuba nguye akhuluma ngaye umprofethi u-Isaya, ethi: Izwi lomemezayo
ehlane, lithi: Lungisani indlela yeNkosi, nenze imikhondo yayo iqonde.

4 Yena uJohane wayenengubo yoboya bekamela noqhotho lwesikhumba
okhalweni lwakhe; ukudla kwakhe kwakuyizinkumbi nezinyosi zasendle.

5Khona kwaphumela kuye iJerusalema, neJudiya lonke, nezwe lonke
laseJordani,

6babhapathizwa nguye emfuleni iJordani bevuma izono zabo.

7 Kepha kwathi ebona abaningi kubaFarisi nabaSadusi beza
embhapathizweni, wathi kubo: Nzalo yezinyoka, ngubani onibonise
ukubalekela intukuthelo ezayo na?

8Ngakho vezani izithelo ezifanele ukuphenduka.

9 Ningacabangi ukuba ningasho phakathi kwenu ukuthi: Sinobaba u-
Abrahama; ngokuba ngithi kini: UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama
abantwana kulawa matshe.

10 Izembe selibekiwe empandeni yemithi; ngakho yonke imithi engatheli
izithelo ezinhle iyanqunywa, iphonswe emlilweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Mina nginibhapathiza ngamanzi, kube ngukuphenduka; kepha yena oza emva kwami unamandla kunami engingafanele ukuthwala izicathulo zakhe; yena uzakunibhapathiza ngoMoya oNgcwele nangomlilo,

12 ombenge yakhe yokwela isesandleni sakhe; uzakushanelisisa isibuya sakhe, abuthele amabele enqolobaneni yakhe; kepha amakhoba uzakuwashisa ngomlilo ongacimekiyo.

### Ukubhapathizwa kukaJesu
(Mark. 1:9; Luk. 3:21)

13Khona uJesu evela eGalile wafika kuJohane eJordani ukuba azobhapathizwa nguye.

14Kepha uJohane wamalela wathi: Yimi engiswela ukubhapathizwa nguwe; wena uza kimi na?

15UJesu waphendula, wathi kuye: Vuma kalokhu, ngokuba kusifanele ukugcwalisa kanjalo ukulunga konke. Khona wayesemvumela.

16 UJesu esebhapathiziwe wakhuphuka masinyane emanzini; bheka, izulu lavuleka, wabona uMoya kaNkulunkulu ehla njengejuba, eza phezu kwakhe.

17 Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo.

## NgokukaMathewu 4

### Ukulingwa kukaJesu
(Mark. 1:12; Luk. 4:1)

1Khona uJesu waholelwa nguMoya ehlane ukuba alingwe nguSathane.

2 Esezilile ukudla izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane, wagcina walamba.

3Kwafika umlingi, wathi kuye: Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yisho ukuba lawa matshe abe yizinkwa.

4 Kepha waphendula wathi: Kulotshiwe ukuthi: Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Khona uSathane wamthatha, wamyisa emzini ongcwele, wammisa esiqongweni sethempeli,

6 wathi kuye: Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, ziphonse phansi; ngokuba kulotshiwe ukuthi: Uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe, zikuthwale ngezandla, ungaze waqhuzuka etsheni ngonyawo lwakho.

7 UJesu wathi kuye: Kulotshiwe futhi ukuthi: Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho.

8USathane wabuye wamyisa entabeni ende kakhulu, wamkhombisa imibuso yonke yezwe nenkazimulo yayo;

9wathi kuye: Konke lokhu ngizakukunika khona, uma uziwisa phansi, ukhuleke kimi.

10 Khona uJesu wathi kuye: Suka, Sathane, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa.

11USathane wayesemshiya; bheka, kwafika izingelosi, zamkhonza.

**UJesu uqala ukusebenza eGalile. Ukubizwa kwabafundi**

(Mark. 1:14; Luk. 5:1)

12 Kuthe esezwile ukuthi uJohane uboshiwe, wamuka waya eGalile.

13Wasuka eNazaretha, weza wahlala eKapernawume elingaselwandle emikhawulweni yakwaZabuloni neyakwaNafetali

14ukuba kugcwaliseke okwakhulunywa ngo-Isaya umprofethi ukuthi:

15 Izwe lakwaZabuloni nezwe lakwaNafetali ngaselwandle ngaphesheya kweJordani, iGalile labezizwe,

16isizwe esasihlezi ebumnyameni sibonile ukukhanya okukhulu, nababehlezi ezweni nasethunzini lokufa kuphumele kubo ukukhanya.

17 Kusukela kuleso sikhathi uJesu waqala ukushumayela nokusho ukuthi: Phendukani, ngokuba umbuso wezulu ususondele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 UJesu ehamba ngaselwandle lwaseGalile wabona izelamani ezimbili, uSimoni othiwa uPetru no-Andreya umfowabo, bephonsa inetha elwandle; ngokuba babe ngabadobi.

19Wayesethi kubo: Ngilandeleni; ngiyakunenza nibe ngabadobi babantu.

20Base bewashiya masinyane amanetha, bamlandela.

21Esedlulela phambili wabona ezinye izelamani ezimbili, uJakobe kaZebedewu, noJohane umfowabo, besemkhunjini kanye noZebedewu uyise, belungisa amanetha abo; wababiza.

22Base beshiya masinyane umkhumbi noyise, bamlandela.

23 UJesu walihamba lonke elaseGalile efundisa emasinagogeni abo, eshumayela ivangeli lombuso, ephulukisa abantu ezifweni zonke nasebuthakathakeni bonke.

24 Udumo lwakhe lwezwakala ezweni lonke laseSiriya; baletha kuye bonke abagulayo abaphethwe yizifo ngezifo nobuhlungu, nabakhwelwe ngamademoni, nabanesithuthwane, nabafe uhlangothi, wabaphulukisa.

25Izixuku eziningi zamlandela zivela eGalile, naseDekapholi, naseJerusalema, naseJudiya, nangaphesheya kweJordani.

## NgokukaMathewu 5

### Intshumayelo yasentabeni

(Luk. 6:20)

1Kwathi ebona izixuku, wenyukela entabeni; esehlezi phansi, abafundi bakhe beza kuye.

2Wayesevula umlomo wakhe, wabafundisa wathi:

3 Babusisiwe abampofu emoyeni, ngokuba umbuso wezulu ungowabo.

4 Babusisiwe abakhalayo, ngokuba bayakududuzwa.

5 Babusisiwe abamnene, ngokuba bayakudla ifa lomhlaba.

6 Babusisiwe abalambele, bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa.

7 Babusisiwe abanesihawu, ngokuba bayakuhawukelwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

8 Babusisiwe abanenhliziyo ehlanzekileyo, ngokuba bayakubona uNkulunkulu.

9 Babusisiwe abalamulayo, ngokuba bayakuthiwa abantwana bakaNkulunkulu.

10 Babusisiwe abazingelwa ngenxa yokulunga, ngokuba umbuso wezulu ungowabo.

11 Nibusisiwe, nxa benithuka, benizingela, bekhuluma konke okubi ngani, beqamba amanga ngenxa yami.

12 Jabulani, nithokoze, ngokuba umvuzo wenu mkhulu ezulwini; ngokuba kanjalo babazingela abaprofethi abananduleleyo.

13 Nina ningusawoti womhlaba, kepha uma usawoti edumele, ubusawoti bovuswa ngani na? Akasasizi lutho, kuphela ukulahlwa ngaphandle, anyathelwe ngabantu.

14 Nina ningukukhanya kwezwe. Umuzi owakhe entabeni ungesitheke.

15 Nomuntu kasokheli isibani, asibeke phansi kwesitsha, kodwa usifaka othini; khona siyabakhanyisela bonke abasendlini.

16 Kanjalo makukhanye ukukhanya kwenu phambi kwabantu ukuba babone imisebenzi yenu emihle, badumise uYihlo osezulwini.

17 Ningathi ngize ukuchitha umthetho nabaprofethi; angizanga ukuchitha, ngize ukugcwalisa.

18 Ngokuba ngiqinisile ngithi kini: Kuze kudlule izulu nomhlaba, akusoze kwadlula gamana linye nasicashana sinye somthetho, kuze kufezeke konke.

19 Ngakho-ke oweqa owodwa kule miyalo emincinyane, afundise abantu kanjalo, uyakuthiwa omncinyane embusweni wezulu; kepha oyigcinayo, ayifundise, lowo uyakuthiwa mkhulu embusweni wezulu.

20 Ngokuba ngithi kini: Uma ukulunga kwenu kungadluli okwababhali nokwabaFarisi, anisoze nangena embusweni wezulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Nizwile kwathiwa kwabasendulo: Ungabulali; yilowo nalowo obulalayo uyakuba necala lokwahlulelwa.

22Kepha mina ngithi kini: Yilowo nalowo othukuthelela umfowabo uyakuba necala lokwahlulelwa; noshoyo kumfowabo ukuthi: Silima, uyakuba necala emphakathini; noshoyo ukuthi: Siwula, uyakuba necala lokulahlwa esihogweni somlilo.

23 Ngakho-ke nxa uletha umnikelo wakho e-altare, ukhumbula lapho ukuthi umfowenu unamagqubu nawe,

24 shiya lapho umnikelo wakho phambi kwe-altare, uhambe kuqala ubuyisane nomfowenu, andukuba uze unikele umnikelo wakho.

25 Shesha uzwane nolwa nawe nisesendleleni, funa olwa nawe akunikele kumahluleli, umahluleli akunikele esikhonzini, uphonswe etilongweni.

26Ngiqinisile ngithi kuwe: Kawusoze waphuma khona, uze ukhiphe ifadingi lokugcina.

27 Nizwile kwathiwa: Ungaphingi.

28Kepha mina ngithi kini: Yilowo nalowo obuka owesifazane, amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe.

29 Uma iso lakho lokunene likukhubekisa, likhiphe, ulilahle; ngokuba kungcono kuwe ukuba kubhubhe sibe sinye ezithweni zakho kunokuba wonke umzimba wakho uphonswe esihogweni.

30Noma isandla sakho sokunene sikukhubekisa, sinqume, usilahle; ngokuba kungcono kuwe ukuba kubhubhe sibe sinye ezithweni zakho kunokuba wonke umzimba wakho uphonswe esihogweni.

31 Kwathiwa: Yilowo nalowo olahla umkakhe kamnike incwadi yesahlukaniso.

32 Kepha mina ngithi kini: Yilowo nalowo olahla umkakhe kungengenxa yokuphinga umenza aphinge, noganwa ngolahliweyo uyaphinga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33 Nizwile futhi kwathiwa kwabasendulo: Ungafungi amanga, kepha uqinise
izifungo zakho eNkosini.

34 Kepha mina ngithi kini: Ningafungi nakanye, noma izulu, ngokuba
liyisihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu,

35noma umhlaba, ngokuba uyisenabelo sezinyawo zakhe, noma iJerusalema,
ngokuba lingumuzi weNkosi enkulu.

36Ungafungi nekhanda lakho, ngokuba awunakuphendula nalunye unwele
lube mhlophe nokuba lube mnyama.

37 Kepha izwi lenu malibe ngokuthi: Yebo, yebo; qhabo, qhabo. Okudlula
lokhu kuvela kokubi.

38 Nizwile kwathiwa: Iso ngeso, izinyo ngezinyo.

39 Kepha mina ngithi kini: Ningamelani nokubi, kodwa uma umuntu
ekumukula esihlathini sokunene, mphendulele nesinye.

40 Nofuna ukukumangalela, akwamuke ingubo, mnike nejazi.

41Nosuka ekucindezela ukuba uhambe imayela libe linye, hamba naye abe
mabili.

42 Muphe ocela kuwe, ungamfulatheli ofuna ukutsheleka kuwe.

43 Nizwile kwathiwa: Wothanda umakhelwane wakho, uzonde isitha sakho.

44 Kepha mina ngithi kini: Thandani izitha zenu, nibabusise abaniqalekisayo,
nibaphathe kahle abanizondayo, nibakhulekele abanizingelayo

45ukuba nibe ngabantwana bakaYihlo osezulwini; ngokuba yena uphumisa
ilanga lakhe phezu kwababi nabahle, anise imvula phezu kwabalungileyo
nabangalungile.

46Ngokuba uma nithanda abanithandayo, ninamvuzo muni na? Abenzi njalo
nabathelisi na?

47Futhi uma nibingelela abafowenu bodwa, nenza lukhulu luni na? Abenzi
njalo nabezizwe na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

48 Ngakho-ke manibe ngabapheleleyo, njengokuba uYihlo wasezulwini
ephelele.

## NgokukaMathewu 6

### Intshumayelo yasentabeni isaqhubeka

1 Kepha qaphelani ningenzi ukulunga kwenu phambi kwabantu ukuba
nibonwe yibo, funa ningabi nawo umvuzo kuYihlo osezulwini.

2 Ngakho-ke nxa wabela isipho, ungakhalisi icilongo phambi kwakho,
njengalokhu kwenza abazenzisi emasinagogeni nasemigwaqweni ukuba
badunyiswe ngabantu. Ngiqinisile ngithi kini: Sebewamukele umvuzo wabo.

3 Kepha wena, nxa wabela isipho, isandla sakho sokhohlo masingakwazi
esikwenzayo esokunene,

4 ukuze isipho sakho sibe sekusithekeni; noYihlo obona ekusithekeni
uzakukuvuza.

5 Nalapho nikhuleka, ningabi njengabazenzisi, ngokuba bethanda ukukhuleka
bemi emasinagogeni nasezinhlanganweni zezindlela ukuba babonwe
ngabantu. Ngiqinisile ngithi kini: Sebewamukele umvuzo wabo.

6 Kepha wena, nxa ukhuleka, ngena ekamelweni lakho, uthi usuvale
umnyango wakho ukhuleke kuYihlo osekusithekeni; noYihlo obona
ekusithekeni uzakukuvuza.

7 Kodwa nxa nikhuleka, ningathemelezi njengabezizwe, ngokuba bathi
bayakuzwiwa ngokukhuluma kwabo okuningi.

8 Ngakho-ke maningafani nabo; ngokuba uYihlo uyakwazi enikuswelayo
ningakaceli kuye.

9 Ngakho-ke anokhuleka kanje, nithi: Baba wethu osezulwini,
malingcweliswe igama lakho;

10 mawufike umbuso wakho; mayenziwe intando yakho emhlabeni
njengasezulwini;

11 usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi;

13ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi; ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

14 Ngokuba uma nithethelela abantu iziphambeko zabo, noYihlo wasezulwini uyakunithethelela nani.

15 Kepha uma ningathetheleli abantu iziphambeko zabo, noYihlo akayikunithethelela iziphambeko zenu.

16Futhi nxa nizila ukudla, ninganyukumali njengabazenzisi; ngokuba bona banyakamisa ubuso babo, ukuze babonakale kubantu ukuthi bazilile. Ngiqinisile ngithi kini: Sebewamukele umvuzo wabo.

17Kepha wena, nxa uzila, gcoba ikhanda lakho, ugeze ubuso bakho,

18ukuze ungabonakali kubantu ukuthi uzilile kodwa kuYihlo osekusithekeni; noYihlo obona ekusithekeni uzakukuvuza.

19 Ningazibekeleli ingcebo emhlabeni, lapho kona inundu nokugqwala, nalapho amasela efohla khona, ebe.

20Kepha zibekeleleni ingcebo ezulwini, lapho kungoni inundu nokugqwala, nalapho amasela engafohli khona, ebe.

21Ngokuba lapho kukhona ingcebo yakho, nenhliziyo yakho iyakuba khona lapho.

22 Isibani somzimba yiso. Ngakho uma iso lakho lilihle, uzakukhanya umzimba wakho wonke.

23 Kepha uma iso lakho lilibi, uzakuba mnyama umzimba wakho wonke. Ngakho uma ukukhanya okukuwe kungubumnyama, ubumnyama bukhulu kangakanani!

24 Akakho ongakhonza amakhosi amabili. Ngokuba uyakuzonda enye, athande enye, noma abambelele kwenye, adelele enye. Ningekhonze uNkulunkulu noMamona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

25 Ngalokho-ke ngithi kini: Ningakhathazeki ngokuphila kwenu ukuthi niyakudlani noma niyakuphuzani, nangomzimba wenu ukuthi niyakwembathani. Ukuphila akukukhulu kunokudla nomzimba kunesambatho na?

26 Bukani izinyoni zezulu ukuthi azihlwanyeli, azivuni, azibekeleli ezinqolobaneni; nokho uYihlo wasezulwini uyazondla. Nina kanizidluli kakhulu na?

27 Ngumuphi kini ongelekela ebudeni bakhe ingalo ibe nye ngokukhathazeka na?

28 Nikhathazekelani ngesambatho na? Qaphelani iminduze yasendle ukuthi imila kanjani; kayikhandleki, kayiphothi;

29 kepha ngithi kini: NoSolomoni ebukhazikhazini bakhe bonke wayengembathisile okomunye wayo.

30 Uma uNkulunkulu embathisa kanjalo utshani basendle obukhona namuhla, ngomuso buphonswe eziko, akayikunembathisa kakhulu nina eninokukholwa okuncane na?

31 Ngakho-ke ningakhathazeki nithi: Siyakudlani? noma: Siyakuphuzani? noma: Siyakwembathani na?

32 Ngokuba konke lokhu abezizwe bayakufunisisa; ingani uYihlo wasezulwini uyazi ukuthi niyakudinga konke lokhu.

33 Kodwa funani kuqala umbuso kaNkulunkulu nokulunga kwakhe, khona konke lokhu kuyakwenezelwa nina.

34 Ningakhathazeki ngengomuso, ngokuba ingomuso iyakukhathalela okwayo. Inkathazo yosuku yanele lona.

## NgokukaMathewu 7

### Ukuqhutshwa kwentshumayelo yasentabeni nokuphela kwayo

1 Ningahluleli ukuba ningahlulelwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Ngokuba ngokwahlulela enahlulela ngakho nani niyakwahlulelwa ngakho,
nangaleso silinganiso enilinganisa ngaso nani niyakulinganiselwa ngaso.

3 Ubhekelani ucezwana olusesweni lomfowenu, kepha ugongolo olusesweni
lakho awuluboni, na?

4 Ungasho kanjani kumfowenu ukuthi: Ake ngikhiphe ucezwana olusesweni
lakho; bheka, ugongolo lusesweni lakho.

5 Mzenzisi, khipha kuqala ugongolo esweni lakho, khona-ke uzakubonisisa
ukukhipha ucezwana esweni lomfowenu.

6 Ninganiki izinja okungcwele, ningaphonsi amaparele enu phambi
kwezingulube, funa ziwanyathele ngezinyawo zazo, ziphenduke,
ziniklebhule.

7 Celani, khona nizakuphiwa; funani, khona nizakufumana; ngqongqothani,
khona nizakuvulelwa.

8 Ngokuba yilowo nalowo ocelayo uyamukeliswa, nofunayo uyafumana,
nongqongqothayo uzakuvulelwa.

9 Noma ngumuphi umuntu kini ongathi, uma indodana yakhe icela isinkwa,
ayinike itshe,

10 noma icela inhlanzi, ayinike inyoka na?

11 Ngakho-ke uma nina enibabi nazi ukubapha abantwana benu izipho
ezinhle, kakhulu uYihlo osezulwini uzakubapha okuhle abacela kuye.

12 Ngakho-ke konke nokungakanani enifuna ukuba abantu bakwenze kini,
kwenzeni nani kanjalo kubo; ngokuba lokhu kungumthetho nabaprofethi.

13 Ngenani ngesango elincane; ngokuba isango libanzi nendlela inkulu eyisa
ekubhujisweni; baningi abangena khona.

14 Kepha isango lincane nendlela iyingcingo eyisa ekuphileni; bayingcosana
abayifumanayo.

15 Xwayani abaprofethi bamanga abeza kini bembathise okwezimvu, kepha
ngaphakathi bayizimpisi eziphangayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Niyakubazi ngezithelo zabo. Kungakhiwa yini izithelo zomvini emeveni noma amakhiwane ekhakhasini na?

17 Kanjalo yilowo nalowo muthi omuhle uthela izithelo ezinhle, kepha umuthi omubi uthela izithelo ezimbi.

18Umuthi omuhle ungethele izithelo ezimbi, nomuthi omubi ungethele izithelo ezinhle.

19 Yilowo nalowo muthi ongatheli izithelo ezinhle uyanqunywa, uphonswe emlilweni.

20Njalo-ke niyakubazi ngezithelo zabo.

21 Asibo bonke abashoyo kimi ukuthi: Nkosi, Nkosi, abayakungena embusweni wezulu, kuphela owenza intando kaBaba osezulwini.

22Abaningi bayakuthi kimi ngalolo suku: Nkosi, Nkosi, asiprofethanga yini ngegama lakho, sakhipha amademoni ngegama lakho, senza imisebenzi eminingi yamandla ngegama lakho, na?

23 Khona ngiyakufakaza kubo ukuthi: Angizange nginazi; sukani kimi nina benzi bokubi.

24 Ngalokho yilowo nalowo owezwa lawa mazwi ami, awenze, uyakufaniswa nendoda ehlakaniphileyo eyakha indlu yayo phezu kwedwala.

25Layithela imvula, kwafika izikhukhula, kwavunguza imimoya, yayishaya leyo ndlu; kepha kayiwanga, ngokuba yayisekelwe yidwala.

26Kodwa yilowo owezwa lawa mazwi ami, angawenzi, uyakufaniswa nendoda eyisiwula eyakha indlu yayo phezu kwesihlabathi.

27Layithela imvula, kwafika izikhukhula, kwavunguza imimoya, yayishaya leyo ndlu, yawa, kwaba kukhulu ukuwa kwayo!

28 Kwathi uJesu eseqedile lawo mazwi, izixuku zamangala ngokufundisa kwakhe;

29ngokuba wayebafundisa njengonamandla, kungenjengababhali babo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## NgokukaMathewu 8

### UJesu uphilisa umuntu onochoko
(Mark. 1:40; Luk. 5:12)

1Kwathi esehlile entabeni, zamlandela izixuku eziningi.

2Bheka, kwafika onochoko, wakhuleka kuye, wathi: Nkosi, uma uthanda, ungangihlambulula.

3Wayeselula isandla, wamphatha, wathi: Ngiyathanda; hlambuluka. Wayesehlambuluka masinyane ochokweni lwakhe.

4 UJesu wayesethi kuye: Bheka, ungatsheli muntu, kepha hamba uzibonakalise kumpristi, uyise umnikelo owayalelwa nguMose, kube ngubufakazi kubo.

### Ukuphulukiswa kwenceku yenduna
(Luk. 7:1)

5Kwathi esangena eKapernawume, kweza kuye induna yekhulu, yamncenga yathi:

6 Nkosi, umfana wami ulele endlini, ufe uhlangothi, ukhwelwe kakhulu ngubuhlungu.

7 Wathi kuyo: Mina ngizakuza ngimphulukise.

8Induna yekhulu yaphendula yathi: Nkosi, angifanele ukuba ungene phansi kophahla lwami, kepha yisho izwi nje, khona umfana wami uyakusinda.

9Ngokuba nami ngingumuntu ophansi kwamakhosi, nginamabutho phansi kwami; ngithi kwelinye: Hamba, lihambe; ngithi kwelinye: Woza, lize; nasencekwini yami: Yenza lokhu, ikwenze.

10UJesu ekuzwa lokho wamangala, wathi kwabamlandelayo: Ngiqinisile ngithi kini: Angizange ngifumane kwa-Israyeli ukukholwa okungaka kumuntu.

11 Kepha ngithi kini: Abaningi bayakuza bevela empumalanga nasentshonalanga, bahlale ekudleni no-Abrahama no-Isaka noJakobe embusweni wezulu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 kodwa abantwana bombuso bayakukhishelwa ebumnyameni obungaphandle; lapho kuyakuba khona ukukhala nokugedla amazinyo.

13 UJesu wayesethi enduneni yekhulu: Hamba, makube kuwe njengokukholwa kwakho. Umfana wasinda ngaso leso sikhathi.

### Umkhwekazi kaPetru nabanye abagulayo bayaphulukiswa
(Mark. 1:23; Luk. 4:31)

14 UJesu wayesengena endlini kaPetru, wabona umkhwekazi wakhe elele phansi enomkhuhlane.

15 Waphatha isandla sakhe, umkhuhlane wamyeka; wavuka, wamkhonza.

16 Kwathi sekuhlwile, baletha kuye abaningi abakhwelwe ngamademoni, wakhipha omoya ngezwi, waphulukisa bonke abagulayo,

17 ukuze kugcwaliseke okwakhulunywa ngo-Isaya umprofethi ukuthi: Yena wabetshatha ubuthakathaka bethu, wathwala izifo zethu.

### Ukumlandela uJesu
(Luk. 9:57)

18 Kwathi uJesu ebona isixuku simhaqile, wayala ukuba kuwelelwe ngaphesheya.

19 Kwase kufika umbhali, wathi kuye: Mfundisi, ngizakukulandela, noma uya ngaphi.

20 UJesu wayesethi kuye: Izimpungushe zinemigodi, nezinyoni zezulu zinezidleke, kepha iNdodana yomuntu kayinandawo, lapho ingacamelisa khona ikhanda.

21 Kodwa omunye wabafundi bakhe wathi kuye: Nkosi, ngivumele ngiye kuqala ukuyakummbela ubaba.

22 Kepha uJesu wathi kuye: Ngilandele; yeka abafileyo bembele abafileyo babo.

### Ukuthuliswa kwesivunguvungu
(Mark. 4:35; Luk. 8:22)

23 Wayesengena emkhunjini; abafundi bakhe bamlandela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Bheka, kwavuka isiphepho esikhulu elwandle, umkhumbi waze wagujuzelwa ngamaza; kepha yena wayelele.

25Basondela, bamvusa, bathi: Nkosi, sisindise, safa.

26Wayesethi kubo: Nesabelani nina bokukholwa okuncane na? Khona wavuka wakhuza umoya nolwandle, kwaba khona ukuthula okukhulu.

27Kepha abantu bamangala, bathi: Unjani lo ukuba nomoya nolwandle kumlalele na?

### Ukukhishwa kwamademoni

(Mark. 5:1; Luk. 8:26)

28Kwathi esefikile ngaphesheya ezweni lamaGadara, kwahlangana naye ababili abakhwelwe ngamademoni, bephuma emathuneni, beyizidlova ezinkulu ngangokuba kwakungedlule muntu ngaleyo ndlela.

29Bheka, bamemeza bathi: Sinamsebenzi muni nawe Ndodana kaNkulunkulu? Uze lapha ukusizwisa ubuhlungu, kungakabi yiso isikhathi, na?

30Manje kwakukhona kude nabo umhlambi wezingulube eziningi ziklabile.

31Amademoni amncenga athi: Uma usikhipha, sithume ukuba singene emhlambini wezingulube.

32Wathi kuwo: Hambani. Ayesephuma, angena ezingulubeni; bheka, umhlambi wonke wagulukudela eweni, waphonseka elwandle, wafela emanzini.

33Kodwa ababezalusa babaleka, baya emzini, babika konke, nalokho okwehlele abakhwelwe ngamademoni.

34Bheka, umuzi wonke waphuma ukuyomhlangabeza uJesu; bathe bembona, bamncenga ukuba amuke emikhawulweni yelakubo.

## NgokukaMathewu 9

### UJesu uphilisa umuntu ofe uhlangothi. Ukubizwa kukaMathewu

(Mark. 2:1; Luk. 5:17)

1Wayesengena emkhunjini, wawela, weza emzini wakubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

2Bheka, baletha kuye umuntu ofe uhlangothi elele ohlakeni. UJesu ebona ukukholwa kwabo wathi kofe uhlangothi: Yima isibindi, ndodana; uthethelelwe izono zakho.

3Bheka, abathile kubabhali bathi phakathi kwabo: Lo uyahlambalaza.

4UJesu ezazi izizindlo zabo wathi: Nizindlelani okubi ezinhliziyweni zenu na?

5Ngokuba yikuphi okulula ukuthi: Uthethelelwe izono zakho, noma ukuthi: Vuka uhambe, na?

6Kepha ukuze nazi ukuthi iNdodana yomuntu inamandla emhlabeni okuthethelela izono -- khona wathi kofe uhlangothi: Vuka, uthabathe uhlaka lwakho, uye endlini yakho.

7Wavuka, waya endlini yakhe.

8Kepha izixuku zikubona zethuka, zamdumisa uNkulunkulu onikile abantu amandla anjalo.

9Esadlula lapho uJesu wabona umuntu othiwa uMathewu ehlezi endaweni yokuthela, wathi kuye: Ngilandele. Wasuka-ke, wamlandela.

10Kwathi ehlezi ekudleni endlini, bheka, kwafika abaningi abathelisi nezoni, bahlala badla noJesu nabafundi bakhe.

11AbaFarisi bekubona lokho bathi kubafundi bakhe: Yini ukuba umfundisi wenu adle nabathelisi nezoni na?

12Ekuzwa lokhu wathi: Abaphilileyo abadingi inyanga, ngabagulayo bodwa.

13 Kepha hambani nifunde ukuba kuthini ukuthi: Ngifuna isihawu, hhayi umhlatshelo. Ngokuba angizanga ukubiza abalungileyo kepha izoni ukuba ziphenduke.

## Ukuzila ukudla

(Mark. 2:18; Luk. 5:33)

14Khona kwase kufika kuye abafundi bakaJohane, bathi: Yini ukuba thina nabaFarisi sizila ukudla; kepha abafundi bakho abazili ngani na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15UJesu wathi kubo: Abayeni bangalila yini, umyeni enabo na? Kodwa kuzakufika izinsuku, lapho umyeni ezakususwa kubo; yikhona-ke bezakuzila.

16Akakho obekela isiziba sendwangu engakashukeki engutsheni endala, ngokuba lokhu okubekelwa kuyo kuyaklebhula engutsheni, kwande ukuklebhuka.

17Akuthelwa futhi iwayini elisha ezimvabeni ezindala, funa izimvaba ziqhume, newayini lichitheke, nezimvaba zonakale. Kodwa iwayini elisha balithela ezimvabeni ezintsha, kulondeke kokubili.

### Indodakazi kaJayiru ivuswa ekufeni
(Mark. 5:21; Luk. 8:40)

18Esakhuluma lokhu kubo, bheka, kwafika umphathi othile, wakhuleka kuye, wathi: Indodakazi yami ifa khona manje; kepha woza, ubeke isandla sakho phezu kwayo, izakuphila.

19Wasuka-ke uJesu, wamlandela kanye nabafundi bakhe.

20 Bheka, owesifazane owayenomopho iminyaka eyishumi nambili weza emva kwakhe, wathinta umphetho wengubo yakhe.

21Ngokuba wayethi phakathi kwakhe: Uma ngingathinta nje ingubo yakhe, ngizakusindiswa.

22UJesu ephenduka wambona, wathi: Yima isibindi, ndodakazi; ukukholwa kwakho kukusindisile. Wasinda owesifazane, kusukela kuleso sikhathi.

23UJesu esefikile endlini yomphathi, ebona khona ababethi bemitshingo nesixuku esixokozelayo,

24wathi kubo: Dedani, ngokuba intombazana ayifile, kodwa ilele. Bamhleka usulu.

25Isixuku sesikhishiwe, wangena, wayibamba ngesandla; yavuka intombazana.

26Udumo lwalokho lwezwakala ezweni lonke langakhona.

### UJesu uyahawukela izimpumputhe, nesimungulu, nabantu abakhathazekileyo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Esadlula lapho uJesu, izimpumputhe ezimbili zamlandela, zamemeza zathi: Sihawukele, ndodana kaDavide!

28Esengenile endlini, izimpumputhe zeza kuye. UJesu wathi kuzo: Niyakholwa yini ukuthi ngingakwenza lokhu na? Zathi kuye: Yebo, Nkosi.

29Khona wathinta amehlo azo, wathi: Makwenzeke kini njengokukholwa kwenu.

30Ayesevuleka amehlo azo. UJesu waziyalisisa, wathi: Qaphelani ukuba kungaziwa muntu.

31Kepha zaphuma, zamdumisa kulo lonke lelo zwe.

32 Ekuphumeni kwazo, bheka, kwalethwa kuye isimungulu esinedemoni.

33Idemoni selikhishiwe, isimungulu sakhuluma. Izixuku zamangala, zathi: Akuzange kubonwe okunje kwa-Israyeli.

34 Kepha abaFarisi bathi: Ukhipha amademoni ngenkosi yamademoni.

35 UJesu wayihamba imizi yonke nemizana efundisa emasinagogeni abo, eshumayela ivangeli lombuso, ephulukisa izifo zonke nokugula konke.

36 Kepha ebona izixuku wabanesihe ngazo, ngokuba zazikhathazekile, zihlakazekile njengezimvu ezingenamalusi.

37 Wayesethi kubafundi bakhe: Ukuvuna kukhulu, kodwa izisebenzi ziyingcosana.

38Ngakho-ke nxusani eNkosini yokuvuna ukuba ithume izisebenzi, ziye ekuvuneni kwayo.

## NgokukaMathewu 10

### UJesu uthuma abaphostoli bakhe abayishumi nambili

(Mark. 3:13; 6:7; Luk. 6:12; 9:1)

1 Wayesebabiza abafundi bakhe abayishumi nambili, wabanika amandla phezu kwawomoya abangcolileyo ukuba babakhiphe, nawokuphulukisa izifo zonke nokugula konke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[2]Amagama abaphostoli abayishumi nambili yilawa: owokuqala nguSimoni othiwa uPetru, no-Andreya umfowabo, noJakobe kaZebedewu, noJohane umfowabo,

[3]noFiliphu, noBartolomewu, noTomase, noMathewu umthelisi, noJakobe ka-Alfewu, noThadewu,

[4]noSimoni umKhanani, noJuda Iskariyothe owamkhaphelayo.

[5]Laba abayishumi nambili uJesu wabathuma, wabayala wathi: Ningayi ngendlela yabezizwe, ningangeni emzini wamaSamariya;

[6]kodwa yanini kakhulu ezimvini ezilahlekileyo zendlu ka-Israyeli.

[7]Ekuhambeni kwenu shumayelani nithi: Umbuso wezulu ususondele.

[8]Phulukisani abagulayo, nivuse abafileyo, nihlambulule abanochoko, nikhiphe amademoni. Namukelisiwe ngesihle, yiphani ngesihle.

[9]Ningaphathi golide, nasiliva, nathusi emixhakeni yenu,

[10] nasikhwama sendlela, namabhantshi amabili, nazicathulo, naludondolo, ngokuba isisebenzi sifanele ukudla kwaso.

[11] Nakumuphi umuzi noma umuzana eniyakungena kuwo, cingani ofaneleyo kuwo, nihlale khona, nize nimuke.

[12]Ekungeneni kwenu endlini niyibingelele.

[13]Uma indlu ifanele, ukuthula kwenu makuze phezu kwayo; kodwa uma ingafanele, ukuthula kwenu makubuyele kini.

[14] Yilowo nalowo ongayikunamukela engawezwa amazwi enu, anothi niphuma kuleyo ndlu noma kulowo muzi, nivuthulule uthuli ezinyaweni zenu.

[15]Ngiqinisile ngithi kini: Kuyakuba ngcono ezweni laseSodoma nakwelaseGomora ngosuku lokwahlulelwa kunakulowo muzi.

[16]Bhekani, ngiyanithuma ninjengezimvu phakathi kwezimpisi; ngakho-ke hlakaniphani njengezinyoka, nibe mnene njengamajuba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Kepha xwayani abantu, ngokuba bayakunikhaphela emiphakathini, banishaye emasinagogeni abo.

18 Niyakuyiswa nangaphambi kwababusi namakhosi ngenxa yami, kube ngubufakazi kubo nakwabezizwe.

19 Kepha kuyakuthi, nxa benikhaphela, ningakhathazeki ngokuthi niyakukhuluma kanjani nokuthi niyakuthini, ngokuba niyakuphiwa ngaso leso sikhathi eniyakukukhuluma.

20Ngokuba akuyinina enikhulumayo kodwa uMoya kaYihlo okhuluma kini.

21 Kepha umuntu uyakukhaphela umfowabo ekufeni, noyise umntanakhe; abantwana bayakuvukela abazali babo, bababulale.

22Niyakuzondwa ngabantu bonke ngenxa yegama lami; kodwa okhuthazelayo kuze kube sekupheleni lowo uyakusindiswa.

23Nxa benizingela komunye umuzi, anobalekela komunye; ngokuba ngiqinisile ngithi kini: Aniyikuqeda imizi yakwa-Israyeli, ingakafiki iNdodana yomuntu.

24 Umfundi kaphezu komfundisi, nenceku kayiphezu kwenkosi yayo.

25Kumanele umfundi abe njengomfundisi wakhe, nenceku ibe njengenkosi yayo. Uma bebizile umninindlu ngokuthi uBelzebule, kakhulu abendlu yakhe.

26 Ngakho-ke ningabesabi; ngokuba akukho okusitshekelweyo okungayikwambulwa nokufihliweyo okungayikwaziwa.

27Lokhu enginitshela khona ebumnyameni, kukhulumeni ekukhanyeni; nalokhu enikuzwayo endlebeni, kushumayeleni phezu kwezindlu.

28Ningabesabi ababulala umzimba bengenamandla okubulala umphefumulo, kepha kakhulu mesabeni onamandla okubhubhisa nomphefumulo nomzimba esihogweni.

29Akuthengwa yini imizwilili emibili ngendibilishi na? Kepha akuyikuwa phansi namunye kuyo ngaphandle kukaYihlo.

30Kodwa kini zibaliwe nezinwele zonke zekhanda lenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

31Ngakho maningesabi; nina niyayidlula imizwilili eminingi.

32 Ngalokho-ke yilowo nalowo oyakungivuma phambi kwabantu, nami ngiyakumvuma phambi kukaBaba osezulwini;

33 kepha lowo oyakungiphika phambi kwabantu, nami ngiyakumphika phambi kukaBaba osezulwini.

34 Ningasho ukuthi ngize ukuletha ukuthula emhlabeni; angizanga ukuletha ukuthula kepha inkemba.

35 Yebo, ngize ukuphambanisa umuntu noyise, nendodakazi nonina, nomalokazana noninazala.

36Nezitha zomuntu kuyakuba ngabendlu yakhe.

37 Othanda uyise nonina kunami kangifanele; nothanda indodana noma indodakazi kunami kangifanele;

38 nongathabathi isiphambano sakhe, angilandele, kangifanele.

39 Ofumana ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami uyakukufumana.

40 Onamukela nina uyangamukela mina; ongamukela mina uyamamukela ongithumileyo.

41 Owamukela umprofethi ngegama lomprofethi uyakuzuza umvuzo womprofethi; nowamukela olungileyo ngegama lolungileyo uyakuzuza umvuzo wolungileyo.

42 Yilowo nalowo oyakuphuzisa abe munye kulaba abancinyane, ngisho inkezo eyodwa yamanzi aqandayo ngegama lomfundi, ngiqinisile ngithi kini: Kasoze alahlekelwa ngumvuzo wakhe.

## NgokukaMathewu 11

1Kwathi ukuba uJesu aqede ukuyala abafundi bakhe abayishumi nambili, wamuka lapho ukuyofundisa nokushumayela emizini yabo.

### Ukufakaza kukaJesu kubafundi bakaJohane nakubantu

(Luk. 7:18)

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Kwathi-ke uJohane esetilongweni, ezwile ngemisebenzi kaKristu, wathumela
ngabafundi bakhe,

3wathi kuye: Wena unguye ozayo, noma sobheka omunye na?

4UJesu waphendula, wathi kubo: Hambani nimlandise uJohane lokhu
enikuzwayo nenikubonayo ukuthi:

5 Izimpumputhe ziyabona, izinyonga ziyahamba, abanochoko
bayahlanjululwa, izithulu ziyezwa, abafileyo bayavuswa, abampofu
bayashunyayezwa ivangeli;

6ubusisiwe ongayikukhubeka ngami.

7Kepha sebemuka laba, uJesu waqala ukukhuluma ezixukwini ngoJohane,
wathi: Naphuma naya ehlane ukuyobonani na? Umhlanga ontengantengiswa
ngumoya na?

8Kanti naphuma ukuyobonani na? Umuntu owembethe ezinothonotho na?
Bhekani, abembethe ezinothonotho basezindlini zamakhosi.

9Kodwa naphumelani na? Ukubona umprofethi na? Yebo, ngithi kini: Odlula
umprofethi.

10 Nguye okulotshwe ngaye ukuthi: Bheka, ngiyathuma isithunywa sami
phambi kobuso bakho esiyakulungisa indlela yakho phambi kwakho.

11 Ngiqinisile ngithi kini: Kwabazelwe ngabesifazane akuvelanga omkhulu
kunoJohane uMbhapathizi; kepha omncane embusweni wezulu mkhulu
kunaye.

12 Kepha kusukela emihleni kaJohane uMbhapathizi kuze kube manje
umbuso wezulu uyafuzulwa, nabafuzulayo bayawuphanga.

13Ngokuba abaprofethi bonke nomthetho baprofetha, kwaze kwafika
uJohane.

14 Uma nivuma ukukwamukela, lo ungu-Eliya obezakufika.

15 Onezindlebe makezwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Kepha lesi sizukulwane ngiyakusifanisa nani na? Sifana nabantwana abahlezi ezigcawini bememeza abanye bethi:

17Sinibethele imitshingo, anisinanga; salilisela, anikhalanga.

18 Ngokuba uJohane wafika engadli, engaphuzi; bathi: Unedemoni.

19 INdodana yomuntu yafika idla, iphuza; bathi: Bhekani, umuntu oyisiminzi nesiphuzi, umhlobo wabathelisi nowezoni. Kodwa ukuhlakanipha kuvunyiwe ngabantwana bakho.

### Ukusolwa kwemizi engaphendukanga

(Luk. 10:13)

20Wayeseqala ukujezisa imizi okwakwenziwe kuyo iningi lemisebenzi yakhe yamandla, ngokuba ingaphendukanga, wathi:

21 Maye kuwe Korazini! Maye kuwe Betsayida! Ngokuba uma kwakwenziwe eTire naseSidoni imisebenzi yamandla eyenziwe kini, ngakube kade yaphenduka ngesaka nangomlotha.

22Kepha ngithi kini: Kuyakuba ngcono kulo iTire neSidoni ngosuku lokwahlulelwa kunakini.

23Nawe Kapernawume uyakuphakanyiselwa ezulwini na? Uyakwehliselwa eHayidese ngokuba uma yayenziwe eSodoma imisebenzi yamandla eyenziwe kuwe, ngabe likhona nanamuhla.

24 Kepha ngithi kini: Kuyakuba ngcono kulo izwe laseSodoma ngosuku lokwahlulelwa kunakuwe.

### UJesu uyamdumisa uYise, emema abahluphekileyo beze kuye

(Luk. 10:21)

25 Ngalelo hora uJesu wakhuluma wathi: Ngiyakubonga, Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba ukufihlile lokhu kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, wakwambulela izingane;

26yebo, Baba, ngokuba kwaba kuhle phambi kwakho ukuba kube njalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27 Konke ngikunikelwe nguBaba; akakho owazi iNdodana, kuphela uYise; akakho futhi owazi uYise, kuphela iNdodana nalowo iNdodana ethanda ukumambulela yena.

28 Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza.

29 Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngokuba ngimnene, ngithobile ngenhliziyo; khona imiphefumulo yenu iyakufumana impumuzo.

30 Ngokuba ijoka lami lihle, nomthwalo wami ulula.

## NgokukaMathewu 12

### UJesu uchachisa umyalelo wesabatha

(Mark. 2:23; Luk. 6:1)

1Ngaleso sikhathi uJesu wadabula amasimu ngesabatha; abafundi bakhe babelambile, baqala ukukha izikhwebu, badla.

2 Kepha abaFarisi bebona lokho bathi kuye: Bheka, abafundi bakho benza okungavunyelwe ukuba kwenziwe ngesabatha.

3 Wathi kubo: Anifundanga yini akwenzayo uDavide msukwana elambile kanye nababe naye

4 ukuthi wangena endlini kaNkulunkulu, wadla izinkwa zokubukwa okungavunyelwe ukuba zidliwe nguye nababe naye kodwa ngabapristi kuphela, na?

5 Futhi anifundanga yini emthethweni ukuthi ngesabatha abapristi bayalona isabatha ethempelini, bangabi nacala, na?

6Kodwa ngithi kini: Kukhona lapha okukhulu kunethempeli.

7 Kepha uma benazi ukuba kuyini lokhu ukuthi: Ngifuna isihawu, hhayi umhlatshelo, nga ningabalahlanga laba abangenacala.

8Ngokuba iNdodana yomuntu iyinkosi yesabatha.

### UJesu uphilisa ngesabatha

(Mark. 3:1; Luk. 6:6)

9Wamuka lapho, wangena esinagogeni labo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Bheka, kwakukhona umuntu onesandla esishwabeneyo; bambuza bathi:
Kuvunyelwe yini ukuphulukisa ngesabatha na? -- ukuze bammangalele.

11 Kepha wathi kubo: Ngumuphi umuntu kini enemvu eyodwa, uma iyele
emgodini ngesabatha, ongayikuyibamba, ayikhiphe, na?

12Pho-ke, umuntu udlula imvu kangakanani. Ngakho-ke kuvunyelwe ukwenza
okuhle ngesabatha.

13Khona wathi kulowo muntu: Yelula isandla sakho. Wayeseselula, sasinda
saba njengesinye.

14 Base bephuma abaFarisi, benza isigungu ngaye ukuba bambhubhise.

15Kepha uJesu ekwazi lokho wamuka lapho. Bamlandela abaningi,
wabaphulukisa bonke.

16Wabayalisisa ukuba bangamzwakalisi,

17ukuze kugcwaliseke okwakhulunywa ngo-Isaya umprofethi ukuthi:

18 Bheka, inceku yami engiyikhethileyo, othandiweyo wami othokoza ngaye
umphefumulo wami, ngiyakuzisa uMoya wami phezu kwakhe, amemezele
ukwahlulela kubo abezizwe.

19Akayikubanga, akayikubangalasa, akakho oyakulizwa izwi lakhe
ezitaladini.

20Umhlanga ofecekileyo akayikuwaphula, umongo othunqayo
akayikuwucima, aze aphumelelise ukwahlulela, kunqobe.

21 Izizwe ziyakwethembela egameni lakhe.

### Isono sokuhlambalaza

(Mark. 3:20; Luk. 11:14)

22 Kwase kulethwa kuye okhwelwe yidemoni, eyimpumputhe eyisimungulu;
wamphulukisa, kwaze kwathi oyisimungulu wakhuluma, wabona.

23Zase zimangala kakhulu izixuku zonke, zathi: Lo asiyo indodana kaDavide
na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Kepha abaFarisi bekuzwa bathi: Lo uwakhipha amademoni ngoBelzebule kuphela, umbusi wamademoni.

25Kepha uJesu ezazi izizindlo zabo wathi kubo: Yilowo nalowo mbuso owahlukene wodwa uyachitheka, nalowo muzi nokuba indlu eyahlukene yodwa ingeme.

26Uma uSathane emkhipha uSathane, wahlukene yedwa. Pho, umbuso wakhe uyakuma kanjani na?

27Uma mina ngikhipha amademoni ngoBelzebule, amadodana enu awakhipha ngobani na? Ngalokho-ke wona ayakuba ngabahluleli benu.

28Kepha uma mina ngikhipha amademoni ngoMoya kaNkulunkulu, umbuso kaNkulunkulu usufikile phela kini.

29 Futhi umuntu angangena kanjani endlini yesiqhwaga, aphange impahla yaso, uma engabophi kuqala isiqhwaga, andukuba aphange indlu yaso, na?

30 Ongenami umelene nami; ongabuthi nami uyahlakaza.

31Ngalokho ngithi kini: Abantu bayakuthethelelwa zonke izono nokuhlambalaza, kepha ukuhlambalaza uMoya akuyikuthethelelwa.

32Yilowo nalowo okhuluma izwi elimelene neNdodana yomuntu uyakuthethelelwa; kepha lowo okhuluma elimelene noMoya oNgcwele akayikuthethelelwa nakuleli zwe nakwelizayo.

33 Yenzani umuthi ube muhle, nesithelo sawo sibe sihle; noma nenze umuthi ube mubi, nesithelo sawo sibe sibi; ngokuba umuthi waziwa ngesithelo sawo.

34 Nzalo yezinyoka, ningakhuluma kanjani okuhle nibabi na? Ngokuba umlomo ukhuluma ngokuchichima kwenhliziyo.

35Umuntu omuhle ukhipha okuhle engcebeni yakhe enhle; nomuntu omubi ukhipha okubi engcebeni yakhe embi.

36Kepha ngithi kini: Amazwi onke ayize abawakhulumayo abantu bayakuzilanda ngawo ngosuku lokwahlulelwa.

37Ngokuba ngamazwi akho uyakuthethwa, nangamazwi akho uyakulahlwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

### Abafuna izibonakaliso
(Mark. 8:11; Luk. 11:29)

38Kwase kuphendula abathile kubabhali nabaFarisi, bathi: Mfundisi, sithanda
ukubona isibonakaliso esenziwa nguwe.

39 Kepha waphendula, wathi kubo: Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna
isibonakaliso; kepha asiyikunikwa sibonakaliso, kuphela isibonakaliso
sikaJona umprofethi.

40Ngokuba njengalokho uJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu
nobusuku obuthathu, kanjalo-ke neNdodana yomuntu iyakuba sebuthunjini
bomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.

41 Amadoda aseNineve ayakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesi
sizukulwane, asilahle; ngokuba aphenduka ngokushumayela kukaJona;
bhekani, kukhona lapha okukhulu kunoJona.

42 Inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesi
sizukulwane, isilahle; ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa
ukuhlakanipha kukaSolomoni; bhekani, lapha kukhona okukhulu
kunoSolomoni.

43 Nxa umoya ongcolileyo esephumile kumuntu, uyadabula izindawo
ezingenamanzi efuna ukuphumula, angakufumani.

44Khona uthi: Ngizakubuyela endlini yami engaphuma kuyo; esefikile,
ayifumane ize, ishaneliwe, ihlotshisiwe.

45Abesehamba-ke, abuye nabanye omoya abayisikhombisa ababi kunaye,
bangene bahlale khona; kuthi ukugcina kwalowo muntu kuba kubi
kunokuqala. Kuyakuba njalo nakulesi sizukulwane esibi.

### Izihlobo eziyizo zikaJesu
(Mark. 3:31; Luk. 8:19)

46Esashumayela ezixukwini, bheka, unina nabafowabo babemi ngaphandle
befuna ukukhuluma naye.

47Omunye wathi kuye: Bheka, unyoko nabafowenu bemi ngaphandle befuna
ukukhuluma nawe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

48Kepha waphendula, wathi komtshelileyo: Ngubani umame, nabafowethu ngobani na?

49Welula isandla sakhe ngakubafundi bakhe, wathi: Bhekani nangu umame nabafowethu.

50 Ngokuba yilowo nalowo owenza intando kaBaba osezulwini nguye ongumfowethu nodadewethu nomame.

## NgokukaMathewu 13

### Imifanekiso eyisikhombisa kaJesu

(Mark. 4:1; Luk. 8:4; 13:18)

1Ngalolo suku uJesu waphuma endlini, wahlala phansi ngaselwandle.

2Kwase kubuthana kuye izixuku eziningi, waze wangena emkhunjini, wahlala phansi, uququba lonke lumi ogwini.

3Wakhuluma kubo okuningi ngemifanekiso, wathi: Bhekani, kwaphuma umhlwanyeli ukuyohlwanyela.

4Ekuhlwanyeleni kwakhe enye imbewu yawela ngasendleleni; kwafika izinyoni, zayidla zayiqeda.

5Kepha enye yawela edwaleni, lapho yayingenamhlabathi omningi khona; yamila masinyane, ngokuba ingenamhlabathi ojulileyo.

6Kodwa seliphumile ilanga, yahwamuka; nangokuba ingenampande, yabuna.

7Kepha enye yawela emeveni; ameva akhula, ayiminyanisa.

8Kepha enye yawela emhlabathini omuhle; yathela isithelo, enye ngekhulu, enye ngamashumi ayisithupha, enye ngamashumi amathathu.

9 Onezindlebe makezwe.

10Kwase kufika abafundi bakhe, bathi kuye: Ukhulumelani kubo ngemifanekiso na?

11Waphendula-ke, wathi kubo: Nina niphiwe ukwazi izimfihlakalo zombuso wezulu; kodwa bona kabakuphiwanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngokuba yilowo nalowo onakho uyakuphiwa, kuvame; kodwa lowo ongenakho uyakwamukwa nalokho anakho.

13Kungalokhu ngikhuluma kubo ngemifanekiso, ngokuba noma bebona, kababoni, noma bezwa, kabezwa, kabaqondi.

14 Kugcwaliseka kubo isiprofetho sika-Isaya sokuthi: Ngokuzwa niyakuzwa, ningaze naqonda; ngokubona niyakubona, ningaze nabonisisa;

15ngokuba inhliziyo yalesi sizwe isiyaba lukhuni, bezwa kanzima ngezindlebe, amehlo abo bawacimezile, funa mhlawumbe babone ngamehlo, bezwe ngezindlebe, baqonde ngenhliziyo, baphenduke, ngibaphulukise.

16 Kodwa abusisiwe amehlo enu, lokhu ebona, nezindlebe zenu, lokhu zizwa.

17 Ngokuba ngiqinisile ngithi kini: Baningi abaprofethi nabalungileyo ababefisa ukubona enikubonayo, abakubonanga, nokuzwa enikuzwayo, abakuzwanga.

18 Yizwani-ke nina umfanekiso womhlwanyeli.

19Yilowo nalowo olizwa izwi lombuso engaliqondi ufikelwa ngomubi ohlwitha okuhlwanyelwe enhliziyweni yakhe. Yilowo ohlwanyelwe ngasendleleni.

20Ohlwanyelwe edwaleni nguye olizwa izwi, alamukele masinyane ngokuthokoza;

21kepha kanampande phakathi kwakhe, kodwa uhlala isikhashana nje, kuthi sekuvele ukuhlupheka nokuzingelwa ngenxa yezwi, akhubeke masinyane.

22 Futhi-ke ohlwanyelwe emeveni nguye olizwa izwi, kepha iminako yalesi sikhathi nokukhohlisa kwengcebo kuminyanisa izwi, abe ngongatheliyo.

23Kepha ohlwanyelwe emhlabathini omuhle nguye olizwa izwi, aliqonde, athele impela isithelo, omunye aveze ngekhulu, omunye ngamashumi ayisithupha, omunye ngamashumi amathathu.

24Omunye umfanekiso wawubeka kubo, wathi: Umbuso wezulu ufaniswa nomuntu owahlwanyela imbewu enhle ensimini yakhe;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25kepha abantu besalele, kwafika isitha sakhe, sahlwanyela ukhula phakathi
kwamabele, samuka.

26Kwathi ukuba likhule ikhaba, kuthele isithelo, khona kwabonakala nokhula.

27 Kwase kufika izisebenzi zomnumzane, zathi kuye: Nkosi, awuhlwanyelanga
imbewu enhle ensimini yakho na? Pho, ilutholephi ukhula na?

28 Wathi kuzo: Lokhu kwenziwe ngumuntu oyisitha. Izisebenzi zathi kuye:
Uthanda ukuba siye ukulubutha na?

29 Kodwa wathi: Qha, funa nithi, nxa nibutha ukhula, nisiphule amabele
kanye nalo.

30 Yekani kukhule kokubili ndawonye, kuze kuvunwe; ngesikhathi sokuvuna
ngiyakuthi kwabavunayo: Buthani kuqala ukhula, nilubophe izinyanda ukuba
lushiswe, nibuthele amabele engotsheni yami.

31 Omunye umfanekiso wawubeka kubo, wathi: Umbuso wezulu ufana
nenhlamvu yesinaphi ayithatha umuntu, wayihlwanyela ensimini yakhe;

32yona kambe incinyane kunazo zonke izimbewu, kepha uma isikhulile,
inkulu kunezilimo, iba ngumuthi, kuze kufike izinyoni zezulu, zakhele
emagatsheni awo.

33 Wabatshela omunye umfanekiso wathi: Umbuso wezulu ufana nemvubelo
ayithatha owesifazane, wayifaka ezilinganisweni ezintathu zempuphu, kwaze
kwabila konke.

34Konke lokho uJesu wakukhuluma ezixukwini ngemifanekiso; ngaphandle
komfanekiso kakhulumanga lutho kubo,

35 ukuze kugcwaliseke okwakhulunywa ngomprofethi ukuthi: Ngizakuvula
umlomo wami ngemifanekiso, ngiphimisele okufihlakeleyo, selokhu
kwasekelwa umhlaba.

36Khona wazishiya izixuku, weza endlini. Basondela kuye abafundi bakhe,
bathi: Sichasisele umfanekiso wokhula ensimini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37Wayesephendula, ethi kubo: Ohlwanyela imbewu enhle yiNdodana
yomuntu;

38 insimu yizwe; imbewu enhle yibo abangabantwana bombuso; kodwa
ukhula ngabantwana bomubi;

39 kepha isitha esaluhlwanyelayo nguSathane; ukuvuna kungukuphela
kwezwe; nabavuni yizingelosi.

40Ngakho-ke njengokuba ukhula luyabuthwa, lushiswe emlilweni, kuyakuba
njalo ekupheleni kwezwe.

41INdodana yomuntu iyakuthuma izingelosi zayo, zibuthe, zikhiphe
embusweni wayo konke okukhubekisayo nabenza okubi,

42 zibaphonse eziko lomlilo; lapho kuyakuba khona ukukhala nokugedla
amazinyo.

43 Khona abalungileyo bayakukhanya njengelanga embusweni kaYise wabo.
Onezindlebe makezwe.

44 Umbuso wezulu ufana nengcebo efihlwe ensimini, yafunyanwa ngumuntu,
wayithukusa; ngokuthokoza kwakhe uyahamba, athengise ngakho konke
anakho, athenge leyo nsimu.

45 Futhi umbuso wezulu ufana nomthengi ofuna amaparele amahle;

46eselifumene iparele linye elinenani elikhulu, waya wathengisa ngakho
konke anakho, walithenga.

47 Futhi umbuso wezulu ufana nenetha elaphonswa elwandle, lihlanganisa
zonke izinhlobo;

48lithe seligcwele, balidonsela ogwini, bahlala phansi, babuthela ezinhle
ezitsheni, kepha ezimbi bazilahla.

49Kuyakuba njalo ekupheleni kwezwe; kuyakuphuma izingelosi, zahlukanise
ababi nabalungileyo,

50zibaphonse eziko lomlilo; lapho kuyakuba khona ukukhala nokugedla
amazinyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

51 Nikuqondile konke lokho na? Bathi kuye: Yebo.

52 Wayesethi kubo: Ngakho-ke yilowo nalowo mbhali ofundiselwe umbuso wezulu ufana nomuntu, umnumzane, okhipha engcebeni yakhe okusha nokudala.

### UJesu udelelwa emzini wakubo

(Mark. 6:1; Luk. 4:16)

53 Kwathi uJesu eseqedile leyo mifanekiso, wamuka lapho.

54 Esefikile emzini wakubo wabafundisa esinagogeni labo, baze bamangala, bathi: Lo ukuthathaphi lokhu kuhlakanipha nalawa mandla na?

55 Lo akasiyo indodana yombazi na? Unina kathiwa uMariya, nabafowabo asithi oJakobe, noJosefa, noSimoni, noJuda na?

56 Nawodadewabo abakho yini bonke lapha kithi na? Pho, lo ukuthathaphi konke lokhu na?

57 Bakhubeka ngaye. Kepha uJesu wathi kubo: Umprofethi kadelelwa ngaphandle kwasezweni lakubo nasendlini yakwabo.

58 Akenzanga lapho imisebenzi eminingi yamandla ngenxa yokungakholwa kwabo.

## NgokukaMathewu 14

### Ukubulawa kukaJohane uMbhapathizi

(Mark. 6:14; Luk. 9:7)

1 Ngaleso sikhathi uHerode umtetrarki waluzwa udumo lukaJesu,

2 waze wathi ezincekwini zakhe: Lo nguJohane uMbhapathizi; yena uvukile kwabafileyo; kungalokho lawa mandla asebenza kuye.

3 Ngokuba uHerode wayembambile uJohane, wambopha, wamfaka etilongweni ngenxa kaHerodiya umkaFiliphu umfowabo,

4 lokhu uJohane wayethe kuye: Awuvunyelwe ube naye.

5 Kuthe efuna ukumbulala, wesaba abantu, ngokuba bathi ungumprofethi.

6 Kepha ngosuku lokuzalwa kukaHerode indodakazi kaHerodiya yasina phambi kwabo, yamjabulisa uHerode,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7kwenzeka ukuba ayithembise ngesifungo ukuyipha lokho engakucela.

8Yona isifundisiwe ngunina yathi: Ngiphe lapha ngoqwembe ikhanda likaJohane uMbhapathizi.

9Inkosi yadabuka, kepha ngenxa yezifungo zayo nangenxa yababehlezi nayo ekudleni yayaleza ukuba inikwe,

10yathuma yamnquma uJohane ikhanda etilongweni.

11Ikhanda lakhe lalethwa ngoqwembe, lanikwa intombazana; yaliyisa kunina.

12Kwafika abafundi bakhe, bathabatha isidumbu, basimbela; baya bambikela uJesu.

### UJesu usuthisa amadoda ayizinkulungwane eziyisihlanu

(Mark. 6:30; Luk. 9:12; Joh. 6:1)

13Wathi uJesu esekuzwile lokho, wamuka lapho ngomkhumbi, waya endaweni eyihlane eyedwa. Kepha izixuku zathi sezikuzwile, zamlandela ngezinyawo ziphuma emizini.

14Waphuma, wabona isixuku esikhulu; waba nesihe ngaso, waphulukisa abagulayo babo.

15 Selishonile, abafundi bakhe beza kuye, bathi: Le ndawo iyihlane, isikhathi sesihambile; mukisa izixuku ukuba ziye emizaneni, zizithengele ukudla.

16Kepha uJesu wathi kubo: Akuswelekile ukuba bamuke; bapheni nina ukudla.

17Bathi kuye: Asinalutho lapha, kuphela izinkwa eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili.

18Wayesethi: Ziletheni lapha kimi.

19Wayeseyala izixuku ukuba zihlale phansi etshanini, wazithabatha izinkwa eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili, wabheka ngasezulwini, wazibusisa, wazihlephula, wabanika abafundi izinkwa, abafundi baphakela izixuku.

20Badla bonke, basutha, babutha imvuthuluka eseleyo, iziqabetho eziyishumi nambili ezigcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[21]Kepha abadlayo kwakungathi amadoda ayizinkulungwane eziyisihlanu
ngaphandle kwabesifazane nabantwana.

### UJesu uhamba phezu kolwandle

(Mark. 6:45; Joh. 6:16)

[22]Wayesecindezela masinyane abafundi ukuba bangene emkhunjini,
bamandulele ukuya phesheya, aze amukise izixuku.

[23] Esezimukisile izixuku wenyukela entabeni eyedwa ukuyokhuleka;
sekuhlwile, wayeyedwa lapho.

[24]Kepha umkhumbi wawususukile amastadiyu amaningi emhlabathini,
ushukunyiswa ngamaza, ngokuba umoya wawuphambene nabo.

[25]Ngomlindo wesine wobusuku weza kubo ehamba phezu kolwandle.

[26]Kepha abafundi sebembonile ehamba phezu kolwandle bashaywa luvalo,
bethi yisithunzi; bakhala ngokwesaba.

[27]Kodwa uJesu wakhuluma kubo masinyane, wathi: Yimani isibindi; yimina,
ningesabi.

[28]UPetru wayesephendula, wathi kuye: Nkosi, uma kunguwe, yisho ukuba
ngize kuwe phezu kwamanzi.

[29]Wayesethi: Woza. Wehla-ke uPetru emkhunjini, wahamba phezu kwamanzi,
weza kuJesu.

[30]Kepha ebona umoya wesaba; eseqala ukushona wakhala wathi: Nkosi,
ngisindise!

[31] Masinyane uJesu welula isandla, wambamba, wathi kuye: Awu, wena
onokukholwa okuncinyane, ungabazeleni na?

[32]Sebekhwele emkhunjini, umoya wanqamuka.

[33]Abasemkhunjini bakhuleka kuye, bathi: Ngempela uyiNdodana
kaNkulunkulu.

[34]Sebewelile bafika ezweni laseGenesaretha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

35 Athi ukumazi amadoda aleyo ndawo, athuma izigijimi kulo lonke izwe langakhona; baletha kuye bonke abagulayo.

36 Bamncenga ukuba bathinte nje umphetho wengubo yakhe; bonke abawuthinta basindiswa.

## NgokukaMathewu 15

### AbaFarisi nababhali basolwa ngenxa yezimiso zabo

(Mark. 7:1)

1 Khona abaFarisi nababhali bafika kuJesu bevela eJerusalema, bathi:

2 Yini ukuba abafundi bakho beqe isiko labadala na? Ngokuba abahlambi izandla nxa bedla isinkwa.

3 Kepha waphendula, wathi kubo: Nani, yini ukuba neqe umyalo kaNkulunkulu ngenxa yesiko lenu na?

4 Ngokuba uNkulunkulu wathi: Yazisa uyihlo nonyoko, nokuthi: Othuka uyise noma unina makafe nokufa.

5 Kepha nina nithi: Oshoyo kuyise noma kunina ukuthi: Kungumnikelo lokho ongabe usizwe yimi ngakho,

6 akayikwazisa uyise noma unina; kanjalo nilenze laba yize izwi likaNkulunkulu ngesiko lenu.

7 Bazenzisi, waprofetha kahle ngani u-Isaya, ethi:

8 Lesi sizwe singidumisa ngezindebe zomlomo, kepha inhliziyo yaso ikude nami;

9 kodwa bangikhonza ngeze befundisa izifundiso eziyimiyalo yabantu.

10 Wayesebabiza abantu, wathi kubo: Yizwani, niqonde.

11 Akusikho okungena emlonyeni okungcolisa umuntu; kepha okuphuma emlonyeni lokhu kungcolisa umuntu.

12 Khona kwasondela abafundi bakhe, bathi kuye: Uyazi ukuthi abaFarisi bathe bezwa lelo zwi, bakhubeka na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

13Kepha waphendula wathi: Yileso naleso sithombo esingatshalwanga
nguBaba wasezulwini siyakusishulwa.

14 Bayekeni; bangabaholi abayizimpumputhe; kepha nxa impumputhe ihola
impumputhe, ziyakuyela emgodini zombili.

15UPetru waphendula, wathi kuye: Sichasisele lo mfanekiso.

16Wayesethi: Kanti nani nisengabangaqondiyo na?

17Anikaqondi yini ukuthi konke okungena emlonyeni kuya esiswini, kuze
kulahlelwe ngaphandle na?

18Kepha okuphuma emlonyeni kuvela enhliziyweni; lokho-ke kuyamngcolisa
umuntu.

19 Ngokuba enhliziyweni kuvela izizindlo ezimbi, ukubulala, ukuphinga,
ubufebe, ukweba, ukufakaza amanga, ukuhlambalaza.

20Yilezo zinto ezimngcolisayo umuntu; kodwa ukudla ngezandla
ezingahlanjiwe akumngcolisi umuntu.

### Owesifazane waseKhanani

(Mark. 7:24)

21UJesu ephuma lapho wamuka, waya emaphandleni aseTire naseSidoni.

22Bheka, kwavela emikhawulweni yakhona owesifazane waseKhanani,
wakhala wathi: Ngihawukele, Nkosi, Ndodana kaDavide! Indodakazi yami
ikhwelwe kabi yidemoni.

23Kepha akamphendulanga ngazwi. Base besondela kuye abafundi bakhe,
bamncenga, bathi: Mmukise ngokuba uyakhala emva kwethu.

24Kodwa waphendula wathi: Angithunyelwanga kwabanye, kuphela ezimvini
ezilahlekileyo zendlu yakwa-Israyeli.

25Kepha wayeseza, wakhuleka kuye wathi: Nkosi ngisize.

26Waphendula wathi: Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse
ezinjaneni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Yena wathi: Yebo, Nkosi; kepha nezinjana zidla imvuthuluka ewa etafuleni
labaninizo.

28 Khona uJesu waphendula, wathi kuye: O mame, kukhulu ukukholwa
kwakho; makube kuwe njengokuthanda kwakho. Indodakazi yakhe yasinda
kusukela kuleso sikhathi.

### UJesu uphulukisa iziguli; usuthisa amadoda ayizinkulungwane ezine

(Mark. 7:31; 8:1)

29Wasuka lapho uJesu, wafika ngaselwandle lwaseGalile, wenyukela
entabeni, wahlala phansi khona.

30 Kwase kusondela kuye izixuku eziningi zinezinyonga, nezimpumputhe,
nezimungulu, nezilima, nabanye abaningi, zababeka ngasezinyaweni zakhe;
wabaphulukisa,

31baze bamangala abantu bebona izimungulu zikhuluma, izilima zisindile,
izinyonga zihamba, izimpumputhe zibona; bamdumisa uNkulunkulu ka-
Israyeli.

32UJesu wayesebabiza abafundi bakhe, wathi: Ngiyasihawukela isixuku,
ngokuba sekuyizinsuku ezintathu sihlezi kimi, singenanto yokudla;
angithandi ukubamukisa belambile, funa mhlawumbe baphele amandla
endleleni.

33Bathi kuye abafundi: Singazitholaphi ehlane izinkwa ezingaka zokuba
kusuthe isixuku esingaka na?

34Wathi kubo uJesu: Ninezinkwa ezingaki na? Bathi: Eziyisikhombisa,
nezinhlanzana eziyingcosana.

35Wayala isixuku ukuba sihlale phansi;

36wazithabatha izinkwa eziyisikhombisa nezinhlanzi, wabonga, wazihlephula,
wanika abafundi, abafundi baphakela izixuku.

37Badla bonke, basutha, babutha imvuthuluka eseleyo, amaqoma
ayisikhombisa agcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

38Kepha abadlayo babe yizinkulungwane ezine zamadoda ngaphandle kwabesifazane nabantwana.

39Esezimukisile izixuku wangena emkhunjini, wafika emikhawulweni yaseMagadana.

## NgokukaMathewu 16

### Izibonakaliso zezikhathi nemvubelo yabaFarisi nabaSadusi

(Mark. 8:11)

1 AbaFarisi nabaSadusi beza bemlinga bacela kuye ukuba ababonise isibonakaliso esivela ezulwini.

2 Kepha waphendula, wathi kubo: Kusihlwa nithi: Loba lisile, lokhu izulu libhejile;

3kuthi kusasa nithi: Namuhla lizakuphendula, ngokuba libhejile, liguqubele. Kanti ukuma kwezulu niyakwazi ukukuchaza, kepha izibonakaliso zezikhathi aniziqondi na?

4 Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso, kepha asiyikunikwa sibonakaliso, kuphela isibonakaliso sikaJona umprofethi. Wabashiya, wamuka.

5Sebefike phesheya, abafundi bakhe babekhohliwe ukuphatha izinkwa.

6 UJesu wayesethi kubo: Anobheka nixwaye imvubelo yabaFarisi nabaSadusi.

7Baphendulana bodwa, bathi: Kungokuba singaphathanga izinkwa.

8Kepha ekwazi lokho uJesu wathi: Nina bokukholwa okuncane, yini ukuba niphendulane nodwa ngokuthi kungokuba ningenazinkwa na?

9Anikaqondi yini, futhi anizikhumbuli izinkwa eziyisihlanu zezinkulungwane eziyisihlanu nokuthi nabutha iziqabetho ezingaki na?

10 Nezinkwa eziyisikhombisa zezinkulungwane ezine nokuthi nabutha amaqoma amangaki na?

11Aniqondi ngani ukuthi bengingakhulumi kini ngesinkwa na? Kepha xwayani imvubelo yabaFarisi nabaSadusi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Khona baqonda ukuthi kashongo ukuba baxwaye imvubelo yezinkwa kepha isifundiso sabaFarisi nabaSadusi.

### Isivumo sikaPetru
(Mark. 8:27; Luk. 9:18)

13UJesu esefikile emaphandleni aseKesariya Filipi wababuza abafundi bakhe, wathi: Abantu basho ukuthi iNdodana yomuntu ingubani na?

14Bathi: Abanye basho uJohane uMbhapathizi; abanye basho u-Eliya; abanye basho uJeremiya noma omunye wabaprofethi.

15Wathi kubo: Nina-ke nithi ngingubani na?

16 USimoni Petru waphendula wathi: Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.

17 UJesu waphendula, wathi kuye: Ubusisiwe wena Simoni kaJona, ngokuba inyama negazi akukwambulelanga lokhu kodwa uBaba osezulwini.

18 Nami-ke ngithi kuwe: Wena unguPetru; phezu kwaleli dwala ngiyakulakha ibandla lami; amasango eHayidese awayikulahlula.

19 Ngiyakukunika izihluthulelo zombuso wezulu. Oyakukubopha emhlabeni koba kuboshiwe nasezulwini, nalokho oyakukukhulula emhlabeni koba kukhululiwe nasezulwini.

20Khona wabayala abafundi ukuba bangatsheli muntu ukuthi nguye onguKristu.

### UJesu ukhuluma ngokuhlupheka kwakhe nokwabamlandelayo
(Mark. 8:31; Luk. 9:22)

21 Kusukela kuleso sikhathi uJesu waqala ukubonisa abafundi bakhe ukuba umelwe ukuya eJerusalema, ahlushwe ngokuningi ngamalunga nangabapristi abakhulu nababhali, abulawe, kepha avuswe ngosuku lwesithathu.

22UPetru wayesemthatha, waqala ukumkhuza, wathi: Musa, Nkosi, lokho akusoze kwenziwa kuwe.

23 Yena waphenduka, wathi kuPetru: Buyela emva kwami, Sathane; uyisikhubekiso kimi, ngokuba awuqondi okukaNkulunkulu kepha okwabantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

[24] Khona uJesu wathi kubafundi bakhe: Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe, angilandele.

[25]Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; kepha olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami uyakukufumana.

[26]Ngokuba kuyakumsizani umuntu, uma ezuza izwe lonke, onakalelwe ukuphila kwakhe, na? Yingabe uyakukhiphani umuntu, kube yisihlengo sokuphila kwakhe, na?

[27] Ngokuba iNdodana yomuntu iyakuza ngenkazimulo kaYise kanye nezingelosi zayo; khona-ke iyakuvuza yilowo nalowo ngesenzo sakhe.

[28]Ngiqinisile ngithi kini: Bakhona abanye kwabemi lapha abangayikuzwa ngempela ukufa, baze bayibone iNdodana yomuntu iza embusweni wayo.

## NgokukaMathewu 17

### Ukukhazimuliswa kukaJesu entabeni

(Mark. 9:2; Luk. 9:28)

[1]Emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu wathatha oPetru, noJakobe, noJohane umfowabo, wakhuphukela nabo entabeni ende bebodwa.

[2]Waphenduka esinye isimo phambi kwabo; ubuso bakhe bakhanya njengelanga, izingubo zakhe zaba mhlophe njengokukhanya.

[3]Bheka, kwabonakala kubo oMose no-Eliya bekhuluma naye.

[4]Wathatha uPetru wathi kuJesu: Nkosi, kuhle ukuba silapha. Uma uthanda, ngizakwakha lapha amadokodo amathathu, elinye libe ngelakho, elinye libe ngelikaMose, elinye libe ngelika-Eliya.

[5] Esakhuluma, bheka ifu elikhanyayo labasithibeza; bheka, kwavela izwi efwini, lathi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo; yizweni.

[6]Kuthe sebezwa lokho abafundi, bawa ngobuso babo, besaba kakhulu.

[7]Kepha uJesu wasondela, wabathinta, wathi: Sukumani, ningesabi.

[8]Kepha bephakamisa amehlo abo ababonanga muntu, kuphela uJesu yedwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Besehla entabeni, uJesu wabayala wathi: Ningatsheli muntu lowo mbono, ize ivuke iNdodana yomuntu kwabafileyo.

10Bambuza abafundi, bathi: Pho, basholoni ababhali ukuthi u-Eliya umelwe ukufika kuqala na?

11 Waphendula wathi: Nempela u-Eliya uyeza, uyakubuyisela konke.

12Kepha ngithi kini: U-Eliya sewafika; abamazanga nokho, kodwa benza kuye abakuthandayo. Kanjalo neNdodana yomuntu iyakuhlushwa yibo.

13Khona abafundi baqonda ukuba ubekhuluma kubo ngoJohane uMbhapathizi.

### Ukuphulukiswa komfana onesithuthwane

(Mark. 9:14; Luk. 9:37)

14Sebefikile esixukwini, kweza kuye umuntu, waguqa ngamadolo phambi kwakhe,

15wathi: Nkosi, hawukela indodana yami, ngokuba inesithuthwane, ihlupheka kabi, lokhu iwela kaningi emlilweni, kaningi emanzini.

16Ngiyilethe kubafundi bakho, kepha bahluleka ukuyiphulukisa.

17UJesu waphendula wathi: O! sizukulwane esingakholwayo nesiphambeneyo, koze kube nini nginani na? Koze kube nini nginibekezelela na? Yiletheni lapha kimi.

18UJesu wayeseyikhuza, idemoni laphuma kuyo; umfana waphulukiswa kusukela kuleso sikhathi.

19Khona kwafika abafundi kuJesu bebodwa, bathi: Thina besingemkhiphe ngani na?

20 Wayesethi kubo: Kungenxa yokukholwa kwenu okuncane. Ngokuba ngiqinisile ngithi kini: Uma ninokukholwa njengembewu yesinaphi, niyakuthi kule ntaba: Suka lapha, uye laphaya, iyakusuka; akukho okuyakunahlula.

21Kepha lolo hlobo aluphumi ngaphandle kokuba kube ngokukhuleka nokuzila ukudla.

### UJesu ukhuluma futhi ngokuhlupheka kwakhe. Imali yethempeli

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

(Mark. 9:30; Luk. 9:43)

22 Besahambahamba eGalile, uJesu wathi kubo: INdodana yomuntu izakukhashelwa ezandleni zabantu;

23 bazakuyibulala, kepha ngosuku lwesithathu izakuvuswa. Badabuka kakhulu.

24 Kwathi ukuba bafike eKapernawume, abaqoqi bemali yethempeli beza kuPetru, bathi: Umfundisi wenu akayitheli imali yethempeli na?

25 Wathi: Uyayithela. Esengene endlini uJesu wamandulela, wathi: Usho ukuthini, Simoni? Amakhosi omhlaba athatha kubaphi intela nenkokhiso, kumadodana awo noma kubafo, na?

26 Wathi: Kubafo. UJesu wayesethi: Ngakho-ke amadodana akhululekile.

27 Kodwa-ke ukuba singabakhubekisi, yana elwandle, uphonse udobo, ubambe inhlanzi ephuma kuqala; wothi ukuba uyivule umlomo, uzakufumana imali; yithathe, ubanike, usithelele mina nawe.

## NgokukaMathewu 18

### UJesu ufundisa ngokuthobeka nangezikhubekiso

(Mark. 9:33; Luk. 9:46)

1 Ngaleso sikhathi abafundi basondela kuJesu, bathi: Ngubani omkhulu embusweni wezulu na?

2 Wayesebiza umntwana, wammisa phakathi kwabo,

3 wathi: Ngiqinisile ngithi kini: Uma ningaphenduki, nibe njengabantwana, anisoze nangena embusweni wezulu.

4 Ngakho-ke yilowo nalowo oyakuzithoba njengalo mntwana nguyena omkhulu embusweni wezulu.

5 Nalowo oyakwamukela umntwana onje abe munye ngegama lami uyangamukela mina.

6 Kodwa okhubekisa abe munye kulaba abancinyane abakholwa yimi, kungcono kuye ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakhe, azikiswe ekujuleni kolwandle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Maye kulo izwe ngenxa yezikhubekiso! Ngokuba izikhubekiso zimelwe ukufika, kepha maye kumuntu esiza ngaye isikhubekiso!

8 Kepha uma isandla sakho sikukhubekisa, kumbe unyawo lwakho, kunqume, ukulahle; kungcono kuwe ukuba ungene ekuphileni uyingini noma unyonga kunokuba uphonswe emlilweni ophakade unezandla zombili nezinyawo zombili.

9 Noma iso lakho likukhubekisa, likhiphe, ulilahle. Kungcono kuwe ukuba ungene ekuphileni uneso linye kunokuba uphonswe esihogweni somlilo unamehlo omabili.

10 Bhekani ningadeleli namunye kulaba abancinyane, ngokuba ngithi kini: Izingelosi zabo ezulwini zibona njalo ubuso bukaBaba osezulwini.

11 Ngokuba iNdodana yomuntu ize ukusindisa okulahlekileyo.

### Imvu elahlekileyo. Inceku engenasihawu

(Luk. 15:3)

12 Nithini na? Uma umuntu enezimvu eziyikhulu, kuduke enye kuzo, akazishiyi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ezintabeni, ahambe ayofuna edukileyo, na?

13 Athi uma eyithola, ngiqinisile ngithi kini, uthokoza ngayo kakhulu kunangezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ezingadukanga.

14 Kanjalo akusiyo intando kaYihlo osezulwini ukuba kubhubhe noyedwa kulaba abancinyane.

15 Kepha uma umfowenu ekona, hamba umsole ninodwa naye. Uma ekuzwa, woba umzuzile umfowenu.

16 Kodwa uma engakuzwa, thatha futhi abe munye noma bebabili kanye nawe ukuba onke amazwi aqiniswe ngomlomo wawofakazi ababili noma abathathu.

17 Uma enqaba ukubezwa, tshela ibandla; uma enqaba ukuzwa nalo ibandla, makabe kuwe njengowezizwe nomthelisi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Ngiqinisile ngithi kini: Konke eniyakukubopha emhlabeni koba kuboshiwe ezulwini, nakho konke eniyakukukhulula emhlabeni koba kukhululiwe ezulwini.

19 Futhi ngiqinisile ngithi kini: Uma ababili kini emhlabeni bevumelana noma ngaluphi udaba abalucelayo, bayakulwenzelwa nguBaba osezulwini.

20 Ngokuba lapho kubuthene ababili noma abathathu egameni lami, ngikhona lapho phakathi kwabo.

21 Khona kwasondela uPetru, wathi kuye: Nkosi, umfowethu uyakungona kangaki, ngimthethelela, na? Kuze kube kasikhombisa na?

22 UJesu wathi kuye: Angisho kuwe ukuthi kuze kube kasikhombisa kodwa kuze kube kamashumi ayisikhombisa aphindwe kasikhombisa.

23 Ngalokho umbuso wezulu ufaniswa nomuntu oyinkosi obethanda ukubalisana nezinceku zakhe.

24 Kwathi eseqale ukubala, kwalethwa kuye enye enecala lamatalenta ayizinkulungwane eziyishumi.

25 Kepha ingenalutho lokukhokha, inkosi yayala ukuba kuthengiswe ngayo, nangomkayo, nangabantabayo, nangakho konke enakho, kukhokhwe.

26 Ngalokho inceku yawa phansi, yakhuleka kuyo, yathi: Ake ungibekezelele, ngizakukukhokhela konke.

27 Inkosi yaleyo nceku inesihe yayikhulula, yayithethelela icala.

28 Kepha kwathi isiphuma leyo nceku, yafumana enye yezinceku ezikanye nayo enecala kuyo lawodenariyu abayikhulu, yayibamba, yayiklinya, yathi: Khokha icala lakho.

29 Khona inceku ekanye nayo yawa phansi, yayincenga yathi: Ake ungibekezelele, ngizakukukhokhela.

30 Kepha ayivumanga, kodwa yahamba, yayifaka etilongweni, ize ilikhokhe lelo cala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[31] Izinceku ezikanye nayo zathi ukubona okwenzekileyo, zadabuka kakhulu, zaya zabika enkosini yazo konke okwenzekileyo.

[32]Khona inkosi yayo yayibiza, yathi kuyo: Nceku embi, lonke lelo cala ngikuthethelele lona ngokuba wangincenga;

[33]nga ungayihawukelanga yini inceku ekanye nawe, njengokuba nami ngikuhawukele, na?

[34]Inkosi yayo yathukuthela, yayinikela kubaphathi betilongo, ize ikhokhe lonke icala layo.

[35] Kanjalo naye uBaba osezulwini uyakwenza kini, uma ningathetheleli ngezinhliziyo zenu kube yilowo nalowo umfowabo.

## NgokukaMathewu 19

### Ukuhlalisana kwabaganeneyo

(Mark. 10:1; Luk. 16:18)

[1]Kwathi uJesu eseqedile lawo mazwi, wamuka eGalile, weza emikhawulweni yaseJudiya phesheya kweJordani.

[2]Izixuku ezinkulu zamlandela, waziphulukisa khona.

[3]Kwase kusondela kuye abaFarisi, bamlinga bathi: Kuvunyelwe yini ukuba indoda ilahle umkayo noma ngaliphi icala na?

[4] Waphendula, wathi kubo: Anifundanga yini ukuthi owadala ekuqaleni wabenza owesilisa nowesifazane,

[5] wathi: Ngenxa yalokho umuntu uyakushiya uyise nonina, anamathele kumkakhe; labo ababili bayakuba nyamanye, na?

[6]Ngakho abasebabili, kodwa banyamanye. Ngakho-ke lokho akuhlanganisileyo uNkulunkulu, umuntu makangakwahlukanisi.

[7] Bathi kuye: Pho, uMose wayalelani ukuthi makanikwe incwadi yesahlukaniso, alahlwe, na?

[8]Wathi kubo: Ngenxa yobulukhuni benhliziyo yenu uMose wanivumela ukwahlukana nabo omkenu, kepha kusukela kwasekuqaleni kwakungenjalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Namanje ngithi kini: Yilowo nalowo olahla umkakhe kungengokuphinga, aganwe ngomunye, uyaphinga; noganwa ngolahliweyo uyaphinga.

10 Abafundi bathi kuye: Uma injalo indaba yomuntu nomkakhe, akukuhle ukuganwa.

11 Kepha wathi kubo: Akusibo bonke abangalamukela leli zwi, kuphela abakunikiweyo.

12 Ngokuba kukhona abathenwa abazalwa benjalo kwasesiswini sikanina; kukhona nabathenwa abathenwe ngabantu; kukhona futhi abathenwa abazithenileyo ngenxa yombuso wezulu. Ongakwamukela lokho akwamukele.

### Ukubusiswa kwabantwana

(Mark. 10:13; Luk. 18:15)

13 Khona kwalethwa kuye abantwanyana ukuba abeke izandla phezu kwabo, akhuleke; kepha abafundi babakhuza.

14 UJesu wayesethi: Vumelani abantwana, ningabenqabeli ukuza kimi, ngokuba umbuso wezulu ungowabanjalo.

15 Wayesebeka izandla phezu kwabo; wamuka lapho.

### Insizwa enothileyo

(Mark. 10:17; Luk. 18:18)

16 Bheka-ke, kwasondela kuye othile, wathi: Mfundisi, ngiyakwenzantoni enhle ukuba ngibe nokuphila okuphakade na?

17 Wathi kuye: Ungibuzelani ngokuhle na? Munye ongomuhle. Kepha uma uthanda ukungena ekuphileni, gcina imiyalelo.

18 Wathi kuye: Miphi na? UJesu wathi: Yile: Ungabulali, ungaphingi, ungebi, ungafakazi amanga;

19 yazisa uyihlo nonyoko; wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena.

20 Insizwa yathi kuye: Konke lokho ngikugcinile; ngisasilalelweni na?

21 UJesu wathi kuye: Uma uthanda ukuphelela, hamba uthengise ngempahla yakho, uphe abampofu, khona uzakuba negugu ezulwini; uze ungilandele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

22Yathi insizwa ukuba izwe leli zwi, yamuka idabukile, ngokuba yayinengcebo enkulu.

23 Kepha uJesu wathi kubafundi bakhe: Ngiqinisile ngithi kini: Onothileyo uyakungena kalukhuni embusweni wezulu.

24Futhi ngithi kini: Kulula ukuba ikamela lingene ngentunja yosungulo kunokuba onothileyo angene embusweni kaNkulunkulu.

25Sebezwile lokho abafundi bethuka kakhulu, bathi: Pho, kungasindiswa bani na?

26 Kepha uJesu ebabheka wathi kubo: Kubantu akunakwenzeka; kepha kuNkulunkulu kungenzeka konke.

### Umvuzo wokuzidela

(Mark. 10:28; Luk. 18:28)

27 Khona uPetru wathatha wathi kuye: Bheka, thina sishiye konke, sakulandela. Pho, siyakutholani na?

28 Wathi kubo uJesu: Ngiqinisile ngithi kini: Nina eningilandeleyo, ngokuphindukuzalwa lapho iNdodana yomuntu isihlezi esihlalweni senkazimulo yayo, nani niyakuhlala ezihlalweni zobukhosi eziyishumi nambili, nahlulele izizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli.

29 Nalowo oshiye izindlu, noma abafowabo, noma odadewabo, noma uyise, noma unina, noma abantwana, noma amazwe ngenxa yegama lami, uyakwamukeliswa okuphindwe kaningi, adle ifa lokuphila okuphakade.

30 Kepha abaningi abokuqala bayakuba ngabokugcina, nabokugcina babe ngabokuqala.

## NgokukaMathewu 20

### Izisebenzi zesivini

1 Ngokuba umbuso wezulu ufana nomuntu ongumninindlu owaphuma ekuseni ukuqasha izisebenzi ziye esivinini sakhe.

2Esevumelene nezisebenzi ngodenariyu ngosuku, wazithumela esivinini sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Waphuma futhi ngehora lesithathu, wabona abanye bemi esigcawini, bengenzi lutho;

4 nakubo wathi: Yanini nani esivinini; ngiyakuninika okufaneleyo.

5 Baya-ke. Waphuma futhi ngehora lesithupha nangelesishiyagalolunye, wenze njalo.

6 Esephuma ngehora leshumi nanye wafumana abanye bemi, wathi kubo: Nimeleni lapha usuku lonke ningenzi lutho na?

7 Bathi kuye: Ngokuba akakho osiqashileyo. Wathi kubo: Hambani nani, niye esivinini.

8 Kepha selishonile, umninisivini wathi enduneni yakhe: Biza izisebenzi, uzikhokhele imali yazo, uqale ngezokugcina, ugcine ngezokuqala.

9 Kuthe befika abehora leshumi nanye, kwaba yilowo nalowo wamukela udenariyu.

10 Sekuza abokuqala, bathi bazakwamukela okukhulu; kepha nabo bamukela udenariyu ngabanye.

11 Kepha sebamukela bakhonona ngomninindlu,

12 bathi: Laba abokugcina basebenze ihora linye nje, ubalinganise nathi esithwalile ubunzima nesifudumezi semini.

13 Waphendula, wathi komunye wabo: Mngane, angikoni; kanti asivumelananga ngodenariyu na?

14 Thatha okwakho, uhambe; kepha ngiyathanda ukunika lo wokugcina njengawe.

15 Angivunyelwe ukwenza engikuthandayo ngokungokwami na? Kumbe iso lakho libi, ngokuba mina ngimuhle na?

16 Kanjalo abokugcina bayakuba ngabokuqala, nabokuqala babe ngabokugcina.

### UJesu ukhuluma ngokuhlupheka kwakhe

(Mark. 10:32; Luk. 18:31)

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

17 Kwathi uJesu esezakwenyukela eJerusalema, wathatha abafundi abayishumi nambili, wagudluka nabo; besesendleleni, wathi kubo:

18 Bhekani, sikhuphukela eJerusalema; iNdodana yomuntu izakukhashelwa kubapristi abakhulu nababhali; bazakuyinqumela ukuba ife,

19 bayikhaphele kwabezizwe ukuba iklolodelwe, ishaywe, ibethelwe esiphambanweni; kepha ngosuku lwesithathu izakuvuswa.

### UJesu ukhuza amadodana kaZebedewu
(Mark. 10:35)

20 Khona kwafika kuye unina wamadodana kaZebedewu kanye namadodana akhe; wakhuleka, wacela into kuye.

21 Yena wathi kuye: Ufunani na? Wathi kuye: Yisho ukuba lawa madodana ami amabili ahlale, enye ngakwesokunene sakho, enye ngakwesokhohlo sakho embusweni wakho.

22 UJesu waphendula wathi: Anikwazi enikucelayo. Ningasiphuza yini isitsha engizakusiphuza na? Bathi kuye: Singakwenza.

23Wathi kubo: Yebo, nizakusiphuza isitsha sami, kepha ukuhlala ngakwesokunene sami nangakwesokhohlo akusikho okwami ukuphana ngakho, kodwa kungokwalabo abakulungiselwe nguBaba.

24 Bathi ukuzwa lokho abayishumi, bazithukuthelela izelamani ezimbili.

25Kepha uJesu wababiza, wathi: Niyazi ukuthi ababusi bezizwe bazenza amakhosi phezu kwazo, nezikhulu zazo ziphethe amandla phezu kwazo.

26 Akunjalo phakathi kwenu, kodwa yilowo nalowo ofuna ukuba mkhulu phakathi kwenu makabe yisikhonzi senu;

27nalowo ofuna ukuba ngowokuqala phakathi kwenu makabe yinceku yenu,

28njengalokho iNdodana yomuntu ingezelanga ukukhonzwa kepha ukukhonza nokunikela ukuphila kwayo, kube yisihlengo sabaningi.

### UJesu usiza izimpumputhe ezimbili ukuba zibone
(Mark. 10:46)

29 Sebephuma eJeriko, isixuku esikhulu samlandela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30Bheka, kwakuhlezi izimpumputhe ezimbili ngasendleleni; kuthe zizwa ukuthi uJesu uyadlula, zamemeza zathi: Nkosi, Ndodana kaDavide, sihawukele!

31Kepha isixuku sazikhuza ukuba zithule, kodwa kwayikhona zimemeza kakhulu, zithi: Nkosi, Ndodana kaDavide, sihawukele!

32UJesu wema, wazibiza wathi: Nifuna ukuba nginenzeleni na?

33Zathi kuye: Nkosi, ukuba amehlo ethu avuleke.

34UJesu waba nesihe, waphatha amehlo azo; zase zibona masinyane, zamlandela.

## NgokukaMathewu 21

### UJesu ungena eJerusalema

1 Kwathi ukuba basondele eJerusalema, sebefikile eBetfage ngaseNtabeni Yeminqumo, uJesu wathuma abafundi ababili,

2wathi kubo: Hambani niye emzaneni obhekene nani, nizakufumana masinyane imbongolo ikhulekiwe nethole linayo; zithukululeni, nizilethe kimi.

3Uma umuntu esho utho kini, anothi: INkosi iyazidinga; uyakuzithumela masinyane.

4Kepha lokho kwenzeka ukuba kugcwaliseke okwashiwo ngumprofethi othi:

5 Yishoni kuyo indodakazi yaseSiyoni ukuthi: Bheka, iNkosi yakho iza kuwe, imnene, ikhwele embongolweni, yebo, etholeni, inkonyane yesilwane esiboshelwayo.

6 Abafundi bahamba, benza njengokuba uJesu ebatshelile,

7baletha imbongolo nethole, babeka izingubo zabo phezu kwazo, wahlala phezu kwazo.

8 Iningi lesixuku lendlala izingubo zalo endleleni, kepha abanye bagawula amahlamvu emithini, bawendlala endleleni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Izixuku ezazihamba phambili nezazimlandela zamemeza zathi: Hosiyana kuyo iNdodana kaDavide! Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi. Hosiyana kweliphezulu!

10 Kwathi esangena eJerusalema, umuzi wonke wanyakaza, wathi: Ngubani lo?

11 Izixuku zathi: Lo ungumprofethi, uJesu waseNazaretha laseGalile.

### Ukuhlanzwa kwethempeli
(Mark. 11:15; Luk. 19:45)

12 UJesu wayesengena ethempelini, waxosha bonke abathengisayo nabathengayo ethempelini, wagumbuqela amatafula abashintshelana imali nezihlalo zabathengisa ngamajuba.

13 Wathi kubo: Kulotshiwe ukuthi: Indlu yami iyakubizwa ngokuthi indlu yokukhuleka, kepha nina niyenza Umhume wabaphangi.

14 Kwase kufika kuye izimpumputhe nezinyonga ethempelini, waziphulukisa.

15 Kepha abapristi abakhulu nababhali, bebona izimangaliso azenzayo nabantwana bememeza ethempelini, bethi: Hosiyana kuyo iNdodana kaDavide, bacasuka,

16 bathi kuye: Uyakuzwa lokhu abakushoyo laba na? UJesu wathi kubo: Yebo, anizange nifunde yini ukuthi: Emlonyeni wezingane nowabancelayo uzilungisele indumiso, na?

17 Wayesebashiya, waphuma emzini, waya eBethaniya, walala khona.

### Ukuqalekiswa komkhiwane
(Mark. 11:12, 20)

18 Kepha ekuseni esebuyela emzini walamba.

19 Wabona umkhiwane owodwa ngasendleleni, weza kuwo; akafumananga lutho kuwo, amaqabunga odwa. Wayesethi kuwo: Akungabe kusavela sithelo kuwe naphakade. Umkhiwane wabuna khona lapho.

20 Bekubona lokho abafundi bamangala bathi: Umkhiwane ubune kanjani masinyane na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 UJesu wayesephendula, ethi kubo: Ngiqinisile ngithi kini: Uma ninokukholwa, ningangabazi, aniyikwenza okomkhiwane kuphela, kodwa noma nithi kule ntaba: Nqukuleka, uphonseke elwandle, kuyakwenzeka;

22 nakho konke eningakucela ngokukhuleka nikholwa niyakukwamukeliswa.

### Igunya likaJesu

(Mark. 11:27; Luk. 20:1)

23 Kuthe engena ethempelini, kweza kuye abapristi abakhulu namalunga esizwe, esafundisa, bathi: Ukwenza lokhu ngagunya lini na? Futhi ngubani okunike leli gunya na?

24 UJesu waphendula, wathi kubo: Nami ngizakunibuza izwi libe linye; uma ningitshela lona, nami ngizakunitshela ukuthi ngenza lokhu ngagunya lini.

25 Ukubhapathiza kukaJohane kwavelaphi, ezulwini nokuba kubantu, na? Bakhulumisana bodwa, bathi: Uma sithi: Ezulwini, uzakuthi kuthi: Pho, anikholwanga nguye ngani na?

26 Kepha uma sithi: Kubantu, siyasesaba isixuku; ngokuba bonke bathi uJohane ungumprofethi.

27 Base bemphendula uJesu, bethi: Asazi. Wayesethi kubo naye: Nami anginitsheli ukuthi ngenza lokhu ngagunya lini.

### Ukukhuzwa kwabapristi abakhulu nabaFarisi

28 Kepha nithini na? Umuntu wayenamadodana amabili; waya kweyokuqala, wathi: Mntanami, hamba, uyosebenza namuhla esivinini.

29 Yaphendula yathi: Angithandi; kodwa ngasemuva yaguquka, yaya.

30 Wayeseya kwenye, washo kanjalo. Yona yaphendula yathi: Ngiyaya, nkosi; kepha kayiyanga.

31 Yiyiphi kulawa amabili eyenza intando kayise na? Bathi kuye: Eyokuqala. UJesu wathi kubo: Ngiqinisile ngithi kini: Abathelisi nezifebe bangena phambi kwenu embusweni kaNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32 Ngokuba uJohane weza kini ngendlela yokulunga, anikholwanga nguye; kepha abathelisi nezifebe bakholwa nguye; kodwa nina, khona nikubona, aniguqukanga nakamuva, nize nikholwe nguye.

### Umfanekiso wabalimi besivini

(Mark. 12:1; Luk. 20:9)

33 Yizwani omunye umfanekiso. Kwakukhona umuntu, umnininindlu, owatshala isivini, wasibiyela ngothango, wemba khona isikhamo, wakha isiqongo sokulinda, wasiqashisa kubalimi, waya kwelinye izwe.

34Kwathi sekusondele isikhathi sezithelo, wathuma izinceku zakhe kubalimi ukuba zithathe izithelo zakhe.

35 Abalimi bazibamba izinceku zakhe, enye bayishaya, enye bayibulala, enye bayikhanda ngamatshe.

36Waphinda wathuma ezinye izinceku eziningi kunezokuqala; benze njalo nakulezo.

37Ekugcineni wathuma kubo indodana yakhe, ethi: Bayakuyazisa indodana yami.

38 Kepha kwathi abalimi bebona indodana, bakhuluma bodwa, bathi: Lo uyindlalifa; wozani siyibulale, sidle ifa layo.

39Base beyibamba, bayiphonsa ngaphandle kwesivini, bayibulala.

40 Pho-ke, mhla kufika umninisivini, uzakubenze njani labo balimi na?

41Bathi kuye: Uzakubabhubhisa kabi labo ababi, isivini sakhe sinikwe abanye abalimi abayakumnika izithelo ngezikhathi zazo.

42 UJesu wathi kubo: Anizange nifunde yini emibhalweni ukuthi: Itshe abalinqabayo abakhi lona laba yinhloko yegumbi; lona lavela eNkosini; liyisimangaliso emehlweni ethu, na?

43 Ngalokho ngithi kini: Niyakwamukwa umbuso kaNkulunkulu, uphiwe isizwe esiyakuveza izithelo zawo.

44Owayo phezu kwaleli tshe uyakuphohlozwa; kepha yilowo nalowo eliyakuwela phezu kwakhe liyakumcolisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

45Abapristi abakhulu nabaFarisi beyizwa imifanekiso yakhe bazi ukuthi ukhuluma ngabo.

46Base befuna ukumbamba; kepha bazesaba izixuku, ngokuba zazithi ungumprofethi.

## NgokukaMathewu 22

### Umshado wendodana yenkosi

1UJesu wathatha wakhuluma futhi kubo ngemifanekiso, wathi:

2 Umbuso wezulu ufaniswa nomuntu oyinkosi, owenzela indodana yakhe umshado.

3Wathuma izinceku zakhe ukubiza abamenyiweyo emshadweni; kepha abavumanga ukuza.

4 Waphinda wathuma ezinye izinceku, wathi: Shonini kwabamenyiweyo ukuthi: Bhekani, sengilungisile ukudla kwami; izinkabi zami nokunonileyo sekuhlatshiwe; konke sekulungile, wozani emshadweni.

5 Kepha badelela, bahamba; omunye waya ensimini yakhe, omunye waya entengweni yakhe.

6 Abaseleyo babamba izinceku zakhe, baziphatha kabi, bazibulala.

7 Kepha inkosi yathukuthela, yathuma amabutho ayo, yabulala labo babulali, yashisa umuzi wabo.

8 Khona yathi ezincekwini zayo: Umshado usulungiselwe, kepha abamenyiweyo bebengafanele;

9 ngakho-ke hambani niye ezinhlanganweni zezindlela, nibizele emshadweni bonke eningabafumana.

10Lezo zinceku zaphuma, zaya ezindleleni, zabutha bonke ezabafumanayo, ababi nabahle; indlu yomshado yagcwala abahleziyo ekudleni.

11 Kuthe inkosi ingena ukubona abahleziyo ekudleni, yabona khona umuntu obengayembethe ingubo yomshado;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12yathi kuye: Mngane, ungene kanjani lapha ungayembethe ingubo yomshado na? Kepha wathula.

13 Khona inkosi yathi ezincekwini: Mbopheni izinyawo nezandla, nimphonse ebumnyameni obungaphandle; lapho kuyakuba khona ukukhala nokugedla amazinyo.

14 Ngokuba baningi ababiziweyo, kepha bayingcosana abakhethiweyo.

### Intela kaKesari
(Mark. 12:13; Luk. 20:19)

15 Khona abaFarisi basuka, bacebisana ukuba bamhile ngezwi.

16Bathuma kuye abafundi babo kanye nabakaHerode, bathi: Mfundisi, siyazi ukuthi uqinisile, ufundisa indlela kaNkulunkulu ngeqiniso; awukhathali ngamuntu, ngokuba awubheki ubuso babantu.

17Ngakho sitshele, uthini wena? Kuvunyelwe ukuthela kuKesari noma qha?

18Kepha uJesu ebazi ububi babo wathi: Bazenzisi, ningilingelani na?

19Ngitshengiseni imali yokuthela, bamtshengisa udenariyu.

20Wayesethi kubo: Ngokabani lo mfanekiso nalo mbhalo na?

21 Bathi: NgokaKesari. Khona wathi kubo: Ngakho-ke nikani uKesari okukaKesari noNkulunkulu okukaNkulunkulu.

22Sebezwile lokho bamangala, bamshiya, bamuka.

### Ukuvuka kwabafileyo
(Mark. 12:18; Luk. 20:27)

23 Ngalolo suku kwafika kuye abaSadusi abathi akukho ukuvuka kwabafileyo, bambuza

24 bathi: Mfundisi, uMose wathi: Uma umuntu efa engenabantwana, umfowabo kamngene umkakhe, amvusele umfowabo inzalo.

25Kwakukhona-ke kithi izelamani eziyisikhombisa: owokuqala waganwa, wafa; engenanzalo washiya umkakhe kumfowabo.

26Kanjalo nowesibili nowesithathu, kwaze kwaba kowesikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Emva kwabo bonke wafa umfazi.

28Pho, ekuvukeni kwabafileyo uyakuba ngumkabani kwabayisikhombisa, lokhu bonke babe naye, na?

29Kepha uJesu waphendula, wathi kubo: Nidukile ningayazi imibhalo namandla kaNkulunkulu.

30Ngokuba ekuvukeni kwabafileyo abaganwa, abendiswa, kodwa banjengezingelosi ezulwini.

31Kepha maqondana nokuvuka kwabafileyo anifundanga yini okwakhulunywa kini nguNkulunkulu, ethi:

32 Mina nginguNkulunkulu ka-Abrahama, noNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe, na? Akasiye uNkulunkulu wabafileyo kodwa owabaphilayo.

33Kwathi izixuku zikuzwa lokho, zamangala ngokufundisa kwakhe.

### Umyalo wokuqala
(Mark. 12:28)

34AbaFarisi sebezwile ukuthi uJesu ubathulisile abaSadusi, babuthana ndawonye.

35 Omunye wabo, isazimthetho, wamlinga, wathi:

36 Mfundisi, ngumuphi umyalo omkhulu emthethweni na?

37 UJesu wathi kuye:  Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho.

38Yilowo umyalo omkhulu nowokuqala.

39 Owesibili ofana nawo uthi: Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena.

40 Kuleyo miyalo emibili kubambelela umthetho wonke nabaprofethi.

### UMesiya nemvelo yakhe
(Mark. 12:35; Luk. 20:41)

41 Besabuthene abaFarisi, uJesu wababuza,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42wathi: Nithini ngoKristu na? Uyindodana kabani na? Bathi kuye: EkaDavide.

43Wathi kubo: Pho, uDavide ngoMoya wambiza kanjani ngokuthi iNkosi, ethi:

44 INkosi yathi eNkosini yami: Hlala ngakwesokunene sami, ngize ngibeke izitha zakho phansi kwezinyawo zakho.

45 Ngakho-ke uma uDavide embiza ngokuthi iNkosi, uyindodana yakhe kanjani na?

46Kwakungekho obengamphendula ngazwi; emva kwalolo suku akwabe kusabakho muntu onesibindi sokumbuza lutho.

## NgokukaMathewu 23

### UJesu ukhala ngababhali nabaFarisi nangokungaphenduki kweJerusalema

(Mark. 12:37; Luk. 11:37; 20:45)

1Khona uJesu wakhuluma ezixukwini nakubafundi bakhe,

2wathi: Ababhali nabaFarisi bahlezi esihlalweni sikaMose.

3 Ngakho-ke konke abanitshela khona, kwenzeni, nikugcine, kodwa ningenzi njengemisebenzi yabo; ngokuba bayakhuluma, bangenzi;

4 babopha imithwalo enzima, bayibeke emahlombe abantu; kepha bona abavumi ukuyifukula ngomunwe wabo.

5 Kepha imisebenzi yonke yabo bayenza ukuba babonwe ngabantu; amafilakteriyu abo bawenza abe banzi, bawenze abe makhulu amachopho.

6 Bathanda izindawo ezingenhla ekudleni nezihlalo eziphambili emasinagogeni,

7nokubingelelwa ezigcawini, nokubizwa ngabantu ngokuthi Rabi .

8 Kepha nina maningabizwa ngokuthi Rabi ; ngokuba munye umfundisi wenu, nina nonke ningabazalelwane.

9Ningabizi muntu emhlabeni ngokuthi uyihlo; ngokuba munye uyihlo, osezulwini.

10Futhi ningabizwa ngokuthi abaholi; ngokuba munye umholi wenu, uKristu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

11Kodwa omkhulu kini akabe yisikhonzi senu.

12 Kepha yilowo nalowo oziphakamisayo uzakuthothiswa, nalowo ozithobayo uzakuphakanyiswa.

13 Maye kinina babhali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba nivalela abantu umbuso wezulu! Ngokuba aningeni nina, nabangenayo anibavumeli ukungena.

14Maye kinina babhali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba nidla izindlu zabafelokazi, nangokuzenzisa nenza imikhuleko emide! Ngalokho-ke niyakwamukeliswa ukulahlwa okukhulu.

15 Maye kinina babhali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba nihamba ulwandle nomhlaba ukuba nithole nokuba iproselite lilinye, lithi selaba njalo nilenze indodana yesihogo ngokuphindiwe kunani!

16 Maye kinina baholi abayizimpumputhe enithi: Ofunga ithempeli akulutho, kodwa ofunga igolide lethempeli uzibophile!

17Ziwula, zimpumputhe, ngokuba yikuphi okukhulu kunegolide nethempeli elingcwelisa igolide na?

18Futhi: Yilowo ofunga i-altare akulutho, kodwa ofunga umnikelo ophezu kwalo uzibophile.

19 Zimpumputhe, yikuphi okukhulu kunomnikelo ne-altare elingcwelisa umnikelo na?

20Ngakho-ke ofunga i-altare ufunga lona nakho konke okuphezu kwalo.

21 Nofunga ithempeli ufunga lona nohlezi kulo.

22 Nofunga izulu ufunga isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu nohlezi phezu kwaso.

23 Maye kinina babhali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba nithela okweshumi kwesinkuntshane, nokwentshungu, nokodonqa, niyeke okunzima komthetho: ukwahlulela nesihawu nokukholwa! Benimelwe ukwenza lokhu, ningakuyeki nalokho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Baholi abayizimpumputhe, nihluza insensane, niginge ikamela.

25 Maye kinina babhali nabaFarisi, bazensizi, ngokuba nihlambulula
ingaphandle lenkezo nesitsha, kepha ngaphakathi kugcwele impango
nokuhuheka!

26Mfarisi oyimpumputhe, hlanza kuqala ingaphakathi lenkezo, ukuze
kuhlanzeke nengaphandle layo.

27 Maye kinina babhali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba nifana namaliba
acakiweyo abonakala emahle ngaphandle, kanti ngaphakathi agcwele
amathambo abafileyo nokungcola konke!

28Kanjalo nani ngaphandle nibonakala kubantu nilungile, kanti ngaphakathi
nigcwele ukuzenzisa nobubi.

29 Maye kinina babhali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba nakha amaliba
abaprofethi, nihlobisa amathuna abalungileyo!

30Nithi: Uma sasikhona emihleni yawobaba, sasingayikuhlanganyela nabo
egazini lababprofethi.

31Kanjalo niyazifakazela nina ukuthi ningamadodana ababulala abaprofethi.

32Nani gcwalisani isilinganiso sawoyihlo.

33 Zinyoka, nzalo yamabululu, niyakukubalekela kanjani ukulahlwa
kwasesihogweni na?

34 Ngakho-ke, bhekani, mina ngithuma kini abaprofethi, nabahlakaniphileyo,
nababhali; abanye kubo niyakubabulala, nibabethele; abanye niyakubashaya
emasinagogeni enu, nibaxoshe imizi ngemizi

35 ukuba kufike phezu kwenu igazi lonke elilungileyo elachithwa emhlabeni,
kusukela egazini lika-Abela olungileyo kuze kube segazini likaZakariya
indodana kaBarakiya enambulala phakathi kwethempeli ne-altare.

36Ngiqinisile ngithi kini: Konke lokhu kuyakufika phezu kwalesi sizukulwane.

37 Jerusalema, Jerusalema, wena obulala abaprofethi nokhanda ngamatshe
abathunyelwe kuwe, kukangaki ngithanda ukubuthela ndawonye abantwana

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bakho njengesikhukukazi sibuthela amazinyane aso phansi kwamaphiko aso, kepha anivumanga.

38 Bhekani, indlu yenu isisala nani.

39 Ngokuba ngithi kini: Anisayikungibona nize nithi: Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi.

## NgokukaMathewu 24

### Ukuchithwa kweJerusalema nokufika kweNdodana yomuntu

(Mark. 13:1; Luk. 21:5; 12:37)

1 Kuthe uJesu ephuma ethempelini, emuka, kwasondela abafundi bakhe ukumtshengisa izakhiwo zethempeli.

2 Waphendula, wathi kubo: Anikuboni konke lokhu na? Ngiqinisile ngithi kini: Akuyikushiywa lapha itshe phezu kwetshe elingayikudilizelwa phansi.

3 Esahlezi eNtabeni Yeminqumo, abafundi beza kuye bebodwa, bathi: Sitshele ukuthi lokhu kuyakuba nini, nesibonakaliso sokuza kwakho nesokuphela kwezwe siyakuba yini na?

4 UJesu waphendula, wathi kubo: Qaphelani ningadukiswa muntu.

5 Ngokuba kuyakuza abaningi ngegama lami, bathi: Mina ngikuKristu, badukise abaningi.

6 Niyakuzwa izimpi namahemuhemu ezimpi. Bhekani ningethuki, ngokuba kumelwe ukuba kwenzeke, kepha ukuphela koba kungakafiki.

7 Ngokuba isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso, kube khona indlala nokuzamazama komhlaba izindawo ngezindawo.

8 Kepha konke lokho kungukuqala kwemihelo.

9 Lapho-ke bayakunikhaphela osizini, banibulale; niyakuzondwa yizizwe zonke ngenxa yegama lami.

10 Khona-ke abaningi bayakukhubeka, bakhaphelane, bazondane.

11 Kuyakuvela abaprofethi bamanga abaningi, badukise abaningi.

12 Ngenxa yokwanda kokubi kuzakuphola uthando lwabaningi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

13 Kodwa okhuthazelayo kuze kube sekupheleni nguyena oyakusindiswa.

14 Leli vangeli lombuso liyakushunyayelwa ezweni lonke, kube ngubufakazi ezizweni zonke, andukuba kufike ukuphela.

15 Ngakho-ke nxa nibona amanyala encithakalo ashiwo nguDaniyeli umprofethi emi endaweni engcwele -- ofundayo makaqaphele --

16khona abaseJudiya mababalekele ezintabeni,

17 ophezu kwendlu angehli ukuyothatha okusendlini yakhe,

18osensimini angabuyeli emuva ukuyothatha ingubo yakhe.

19Kepha maye kwabakhulelweyo nabancelisayo ngalezo zinsuku!

20Khulekani ukuba ukubaleka kwenu kungabi sebusika nangesabatha.

21 Ngokuba lapho kuyakuba khona usizi olukhulu olungazange lube khona kwasekuqaleni kwezwe kuze kube manje nolungasayikuba khona.

22Uma lezo zinsuku zingafinyezwanga, bekungesindiswe muntu; kepha ngenxa yabakhethiweyo lezo zinsuku ziyakufinyezwa.

23 Khona uma umuntu ethi kini: Bhekani, nangu uKristu, noma: Nanguya, ningakholwa.

24 Ngokuba kuyakuvela okristu bamanga nabaprofethi bamanga, baveze izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso, ukuze kudukiswe nabakhethiweyo, uma kungenzeka.

25Bhekani, senginitshelile ngaphambili.

26 Ngakho-ke uma bethi kini: Bhekani, usehlane, ningaphumi; noma bethi: Bhekani, usendlini, ningakholwa;

27ngokuba njengonyazi luphuma empumalanga, lubonakale kuze kube sentshonalanga, kuyakuba njalo ukufika kweNdodana yomuntu.

28 Nomaphi lapho kukhona isidumbu, kulapho amanqe eyakubuthana khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29 Kepha masinyane emva kosizi lwalezo zinsuku ilanga liyakufiphazwa,
nenyanga ayiyikukhanya, nezinkanyezi ziyakuwa ezulwini, namandla ezulu
ayakuzanyazanyiswa.

30 Khona kuyakubonakala ezulwini isibonakaliso seNdodana yomuntu, bese
zikhala izizwe zonke zomhlaba, zibone iNdodana yomuntu iza emafwini
ezulu, inamandla nenkazimulo enkulu.

31 Iyakuthuma izingelosi zayo ngokukhala okukhulu kwecilongo, ziqoqe
abakhethiweyo bayo emimoyeni yomine, kusukela emkhawulweni omunye
wezulu kuze kube komunye.

32 Fundani umfanekiso emkhiwaneni; nxa igatsha lawo selithamba, lihlume
amaqabunga, niyazi ukuthi ihlobo seliseduze.

33 Kanjalo nani, nxa nibona konke lokhu, yazini ukuthi iseduze
ngasemnyango.

34 Ngiqinisile ngithi kini: Lesi sizukulwane asiyikudlula kungakenzeki konke
lokhu.

35 Kuyakudlula izulu nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlula.

36 Kepha lolo suku nalelo hora akakho owazi lutho ngalo nazingelosi
zasezulwini, naNdodana, nguBaba kuphela.

37 Ngokuba njengasemihleni kaNowa, kuyakuba njalo ukufika kweNdodana
yomuntu.

38 Ngokuba njengasezinsukwini lezo ezandulela uzamcolo babedla, bephuza,
beganwa, bendiswa, kwaze kwafika usuku uNowa angena ngalo emkhunjini,

39 abazanga kwaze kwafika uzamcolo wabakhukhula bonke, kuyakuba njalo
ukufika kweNdodana yomuntu.

40 Khona-ke kuyakuba khona ababili ensimini, omunye athathwe, omunye
ashiywe;

41 ababili boba besila etsheni, omunye athathwe, omunye ashiywe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42 Ngakho-ke lindani, ngokuba anazi ukuthi iNkosi yenu iyakufika ngaluphi usuku.

43 Kepha anokwazi lokhu ukuthi, uma umninindlu ebewazi umlindo isela eliyakufika ngawo, ubeyakulinda, angavumi ukuba indlu yakhe ifohlwe.

44 Ngalokho nani hlalani nilungele, ngokuba iNdodana yomuntu iyakufika ngesikhathi eningasicabangiyo.

45 Pho, ngubani oyinceku ethembekileyo neqondayo, inkosi yayo eyimisile phezu kwabendlu yayo ukuba ibanike ukudla ngesikhathi sakho na?

46 Ibusisiwe leyo nceku, okuyakuthi kufika inkosi yayo, iyifumane yenze njalo.

47 Ngiqinisile ngithi kini: Iyakuyimisa phezu kwakho konke enakho.

48 Kodwa uma leyo nceku embi ithi enhliziyweni yayo: Inkosi yami ilibele,

49 iqale ukushaya izinceku ezikanye nayo, idle, iphuze nezidakwa,

50 inkosi yaleyo nceku iyakufika ngosuku engayibhekile ngalo nangehora engalaziyo,

51 iyinqamule kabili, iyimisele isabelo sayo kanye nabazenzisi; kuyakuba khona lapho ukukhala nokugedla amazinyo.

## NgokukaMathewu 25

### Umfanekiso wezintombi eziyishumi

1 Khona umbuso wezulu uzakufaniswa nezintombi eziyishumi ezathatha izibani zazo, zaphuma ukuyohlangabeza umyeni.

2 Kepha eziyisihlanu kuzo zaziyiziwula, neziyisihlanu zazihlakaniphile.

3 Ngokuba eziyiziwula zithatha izibani kaziwaphathanga amafutha.

4 Kodwa ezihlakaniphileyo zaphatha amafutha ezitsheni kanye nezibani zazo.

5 Umyeni esalibele, zozela zonke, zalala.

6 Kepha phakathi kobusuku kwamenyezwa ukuthi: Nangu umyeni; phumani niye kumhlangabeza!

7 Khona zavuka lezo zintombi zonke, zalungisa izibani zazo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

8Eziyiziwula zase zithi kwezihlakaniphileyo: Sipheni amafutha kwawenu, ngokuba izibani zethu ziyacima.

9 Kepha ezihlakaniphileyo zaphendula zathi: Qha, funa angasaneli thina nani. Okungcono hambani niye kwabathengisayo, nizithengele.

10 Zisaya kuthenga, wafika umyeni. Ezazilungele zangena naye emshadweni; kwavalwa emnyango.

11 Ngasemuva zafika nezinye izintombi, zathi: Nkosi, nkosi, sivulele.

12 Kepha waphendula wathi: Ngiqinisile ngithi kini: Anginazi.

13 Ngakho lindani, ngokuba anilwazi usuku nehora.

**Umninimuzi namatalenta***

14 Ngokuba kunjengomuntu owathi eyakuhambela kwelinye izwe wabiza izinceku zakhe, wazinika impahla yakhe;

15 enye wayinika amatalenta ayisihlanu, enye aba mabili, enye laba linye, kwaba yileyo naleyo njengamandla ayo; wamuka-ke.

16Lowo obamukele amatalenta ayisihlanu wahamba masinyane, wasebenza ngawo, wazuza amanye ayisihlanu.

17Kanjalo obamukele amabili wazuza amanye amabili.

18Kepha obamukele lalinye waya wemba emhlabathini, wayifihla imali yenkosi yakhe.

19 Kepha emva kwesikhathi eside yafika inkosi yalezo zinceku, yalandisana nazo.

20Weza obamukele amatalenta ayisihlanu, waletha amanye amatalenta ayisihlanu, wathi: Nkosi, wanginika amatalenta ayisihlanu; bheka, ngizuze amanye amatalenta ayisihlanu.

21 Inkosi yakhe yathi kuye: Kuhle, nceku enhle nethembekileyo, uthembekile ezintweni eziyingcosana; ngizakukubeka phezu kokuningi; ngena ekuthokozeni kwenkosi yakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

22 Weza nobamukele amatalenta amabili, wathi: Nkosi, wanginika amatalenta amabili; bheka, ngizuze amanye amatalenta amabili.

23 Inkosi yakhe yathi kuye: Kuhle, nceku enhle nethembekileyo, uthembekile ezintweni eziyingcosana; ngizakukubeka phezu kokuningi; ngena ekuthokozeni kwenkosi yakho.

24 Kepha weza nobamukele italenta lalinye, wathi: Nkosi, bengikwazi ukuthi ungumuntu olukhuni; uvuna lapho ungahlwanyelanga khona, ubutha lapho ungafazanga khona;

25ngesaba, ngaya ngalithukusa emhlabathini italenta lakho; bheka, nakhu okwakho.

26 Kepha inkosi yakhe yaphendula, yathi kuye: Nceku embi nevilaphayo, ubukwazi ukuthi ngivuna lapha ngingahlwanyelanga khona, ngibutha lapha ngingafazanga khona, na?

27Ngakho wawumelwe ukubeka imali yami kwabebhange, mina-ke ekufikeni kwami ngabe ngitholile okwami kanye nenzalo.

28 Ngakho mamukeni italenta, nilinike onamatalenta ayishumi.

29Ngokuba yilowo nalowo onakho uyakuphiwa, avame; kepha ongenakho uyakwamukwa nalokho anakho.

30 Leyo nceku engasiziyo yiphonseni ebumnyameni obungaphandle; lapho kuyakuba khona ukukhala ngokugedla amazinyo.

### Ukwahlulela kweNdodana yomuntu

31 Kepha nxa iNdodana yomuntu iza ngenkazimulo yayo nezingelosi zonke ezingcwele kanye nayo, khona izakuhlala esihlalweni sayo senkazimulo;

32 kuzakubuthelwa phambi kwayo izizwe zonke, ibahlukanise abanye kwabanye, njengomalusi ahlukanisa izimvu nezimbuzi,

33imise izimvu ngakwesokunene sayo kepha izimbuzi ngakwesokhohlo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34 Khona iNkosi izakuthi kwabangakwesokunene sayo: Zanini nina enibusisiwe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba.

35 Ngokuba ngangilambile, nangipha ukudla; ngangomile, nangiphuzisa; ngangingumfokazi, nangingenisa;

36 ngihamba ze nangembathisa; ngangigula, nangihamba; ngangisetilongweni, neza kimi.

37 Khona bayakuyiphendula abalungileyo ngokuthi: Nkosi, sakubona nini ulambile sakupha ukudla, noma womile sakuphuzisa, na?

38 Sakubona nini ungumfokazi sakungenisa, noma uhamba ze sakwembathisa, na?

39 Sakubona nini ugula, noma usetilongweni, seza kuwe, na?

40 Isiyakuphendula iNkosi, ithi kubo: Ngiqinisile ngithi kini, njengokuba nikwenzile komunye walaba bafowethu abancane, nikwenzile kimi.

41 Khona iyakuthi kwabangakwesokhohlo: Dedani kimi nina baqalekisiweyo, niye emlilweni ophakade olungiselwe uSathane nezingelosi zakhe.

42 Ngokuba ngangilambile, aningiphanga ukudla; ngangomile, aningiphuzisanga;

43 ngangingumfokazi, aningingenisanga; ngihamba ze aningembathisanga; ngigula, ngisetilongweni, aningihambanga.

44 Khona bayakuphendula nabo, bathi: Nkosi, sakubona nini ulambile, noma womile, noma ungumfokazi, noma uhamba ze, noma ugula, noma usetilongweni, singakukhonzanga, na?

45 Khona iyakubaphendula ithi: Ngiqinisile ngithi kini: Lokho eningakwenzanga komunye walaba abancinyane anikwenzanga nakimi.

46 Laba bayakumuka, baye ekujezisweni okuphakade, kodwa abalungileyo baye ekuphileni okuphakade.

**NgokukaMathewu 26**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

### Abakhulu balulekana ngoJesu
(Mark. 14:1; Luk. 22:1)

1Kwathi uJesu eseqedile onke lawo mazwi, wathi kubafundi bakhe:

2 Niyazi ukuthi emva kwezinsuku ezimbili kuyiPhasika; iNdodana yomuntu izakukhashelwa ukuba ibethelwe esiphambanweni.

3Khona kwabuthana abapristi abakhulu namalunga esizwe egcekeni lompristi omkhulu othiwa uKayafase.

4Bacebisana ukuba bambambe uJesu ngobuqili, bambulale.

5Kepha bathi: Makungabi ngomkhosi, funa kube khona isiyaluyalu esizweni.

### UJesu ugcotshwa eBethaniya
(Mark. 14:3; Joh. 12:1)

6 Kuthe uJesu eseBethaniya endlini kaSimoni owayenochoko,

7kwafika kuye owesifazane ephethe umfuma we-alabaste wamafutha anenani elikhulu, wawathela ekhanda lakhe ehlezi ekudleni.

8Kepha abafundi bakhe bebona lokho bathukuthela, bathi: Kwenzelwani lokho kuchitha na?

9Ngokuba lokho nga kuthengisiwe ngokukhulu, kwaphiwa abampofu.

10Kepha uJesu ekwazi lokho wathi kubo: Nimhluphelani owesifazane na? Ngokuba usebenzile umsebenzi omuhle kimi;

11 ngokuba abampofu ninabo njalo, kepha mina aninami njalo.

12Ngokuba lapho ethela lawo mafutha emzimbeni wami, ukwenzele ukungilungisela ukumbelwa.

13Ngiqinisile ngithi kini: Nomaphi lapho liyakushunyayelwa khona leli vangeli ezweni lonke, kuyakukhulunywa nangalokho akwenzileyo, kube yisikhumbuzo ngaye.

### Umvuzo wokumkhaphela uJesu
(Mark. 14:10; Luk. 22:3)

14 Khona kwasuka omunye wabayishumi nambili othiwa uJuda Iskariyothe, waya kubapristi abakhulu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 wathi: Niyakunginikani, ngimkhaphele kini, na? Base bemnika izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu.

16 Kusukela lapho wafuna ithuba lokumkhaphela.

### Ukumiswa kwesidlo esingcwele

(Mark. 14:12; Luk. 22:7; Joh. 13:21)

17 Kepha ngosuku lokuqala lwesinkwa esingenamvubelo abafundi beza kuJesu, bathi: Uthanda ukuba sikulungiselephi ukuba udle iphasika na?

18 Wathi: Hambani niye emzini kumuntu othile, nithi kuye: Uthi uMfundisi: Isikhathi sami siseduze; ngizakwenza iphasika kwakho kanye nabafundi bami.

19 Abafundi benza-ke njengokuba uJesu ebayalile; balungisa iphasika.

20 Kwathi sekuhlwile, wayehlezi ekudleni nabafundi abayishumi nambili.

21 Besadla, wathi: Ngiqinisile ngithi kini: Omunye kini uzakungikhaphela.

22 Badabuka kakhulu, baqala ukusho kuye, kwaba yilowo, nalowo, ukuthi: Kungaba yimi, Nkosi, na?

23 Kepha waphendula wathi: Ofake isandla kanye nami esitsheni nguyena ozakungikhaphela.

24 INdodana yomuntu iyamuka kambe njengokulotshiwe ngayo, kepha maye kulowo muntu iNdodana yomuntu ekhashelwa ngaye! Nga kukuhle kulowo muntu ukuba kazalwanga.

25 Wayesephendula uJuda omkhaphelayo, wathi: Kungaba yimi, Rabi, na? Wathi kuye: Usho khona.

26 Besadla, uJesu wathabatha isinkwa, wasibusisa, wasihlephula, wanika abafundi bakhe, wathi: Thabathani nidle; lokhu kungumzimba wami.

27 Wayesethabatha isitsha, wabonga, wabanika, wathi: Phuzani nonke kuso;

28 ngokuba lokhu kuyigazi lami lesivumelwano elithululwa ngenxa yabaningi kukho ukuthethelelwa kwezono.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

29Kepha ngithi kini: Kusukela manje angisayikuphuza kulesi sithelo somvini, kuze kufike lolo suku engiyakusiphuza ngalo nani sisisha embusweni kaBaba.

30 Kwathi sebehlabelele igama lokubonga, baphuma, baya eNtabeni Yeminqumo.

31 Khona uJesu wathi kubo: Nina nonke nizakukhubeka ngami ngalobu busuku, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Ngiyakushaya umalusi, izimvu zomhlambi zihlakazeke ;

32 kodwa emva kokuvuswa kwami ngiyakunandulela ukuya eGalile.

33 UPetru waphendula, wathi kuye: Noma bonke beyakukhubeka ngawe, mina angisoze ngakhubeka.

34UJesu wathi kuye: Ngiqinisile ngithi kuwe: Ngalobu busuku, lingakakhali iqhude, uzakungiphika kathathu.

35UPetru wayesethi kuye: Noma ngingaze ngife nawe, angisoze ngakuphika. Basho njalo nabafundi bonke.

### EGetsemane

(Mark. 14:32; Luk. 22:39)

36 Khona uJesu wafika nabo endaweni ethiwa iGetsemane, wathi kubafundi: Hlalani lapha, ngisaya kukhuleka laphaya.

37 Wathatha uPetru namadodana amabili kaZebedewu, waqala ukuba nomunyu nosizi.

38 Khona wathi kubo: Umphefumulo wami ulusizi kakhulu kuze kube sekufeni; hlalani lapha, nilinde kanye nami.

39 Waqhubeka ingcosana, wawa ngobuso bakhe, wakhuleka wathi: Baba, uma kungenzeka, akudlule kimi lesi sitsha; nokho kungabi njengokuba ngithanda mina, kodwa njengokuba uthanda wena.

40Wayeseza kubafundi, wabafumana belele; wathi kuPetru: Kanti beningelinde nami ihora libe linye na?

41 Lindani, nikhuleke ukuba ningangeni ekulingweni; umoya uyavuma, kepha inyama ibuthakathaka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42Wabuye waya ngokwesibili, wakhuleka wathi: Baba, uma lesi sitsha singedlule kimi ngingasiphuzanga, mayenziwe intando yakho.

43Esebuya futhi wabafumana belele, ngokuba amehlo abo ayenzima.

44Wabuye wabashiya, waya wakhuleka ngokwesithathu esho futhi lona lelo zwi.

45Khona wafika kubafundi, wathi kubo: Nisalele namanje niphumula; bhekani, ihora selisondele, iNdodana yomuntu isiyakhashelwa ezandleni zezoni.

46Sukumani sihambe; bhekani, ongikhaphelayo usesondele.

### Ukuboshwa kukaJesu nokuthethwa kwecala lakhe

(Mark. 14:43; Luk. 22:47, 63; Joh. 18:2)

47 Esakhuluma, bheka, kwafika uJuda, omunye wabayishumi nambili, enesixuku esikhulu sinezinkemba nezinduku, sivela kubapristi abakhulu namalunga esizwe.

48Kepha omkhaphelayo wayebanike isiboniso sokuthi: Lowo engiyakumanga nguye; mbambeni yena.

49Wafika masinyane kuJesu, wathi: E Rabi! Wamanga.

50 UJesu wayesethi kuye: Mngane, ubabeleni na? Khona basondela, babeka izandla kuJesu, bambamba.

51 Bheka, omunye kwababe noJesu welula isandla, wahosha inkemba yakhe, wayigenca inceku yompristi omkhulu, wayinquma indlebe.

52UJesu wayesethi kuye: Buyisela inkemba yakho endaweni yayo, ngokuba bonke abaphatha inkemba bayakubhubha ngenkemba.

53Ingabe uthi ngingecele kuBaba angithumele manje amalegiyona ezingelosi adlula ishumi nambili na?

54Pho-ke ingagcwaliseka kanjani imibhalo yokuthi kumelwe ukuba kube njalo na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

55 Ngaleso sikhathi uJesu wathi ezixukwini: Niphumile kungathi nize
kumphangi, niphethe izinkemba nezinduku ukungibamba, na? Bengihlezi
ethempelini imihla ngemihla ngifundisa, anangibamba.

56Kepha konke lokho kwenzekile ukuba kugcwaliseke imibhalo yabaprofethi.
Khona bonke abafundi bamshiya, babaleka.

57 Ababembambile uJesu bamusa kuKayafase umpristi omkhulu, lapho
kwakubuthene khona ababhali namalunga.

58Kepha uPetru wamlandela ekude kwaze kwaba segcekeni lompristi
omkhulu; wangena phakathi, wahlala phansi nezikhonzi ukuba abone
isigcino.

59Abapristi abakhulu nomphakathi wonke bafuna ubufakazi bamanga
ngoJesu, ukuze bambulale;

60kepha ababufumananga, nakuba kwafika ofakazi abaningi bamanga. Kodwa
kamuva kwavela ababili,

61 bathi: Lo wathi: Nginamandla okudiliza ithempeli likaNkulunkulu, ngibuye
ngilakhe ngezinsuku ezintathu.

62Kwase kusukuma umpristi omkhulu, wathi kuye: Awuphenduli lutho na?
Kuyini abakufakaza ngawe laba na?

63 Kepha uJesu wathula. Wayesethi kuye umpristi omkhulu: Ngikufungisa
uNkulunkulu ophilayo ukuba usitshele uma unguKristu, iNdodana
kaNkulunkulu.

64 UJesu wayesethi kuye: Usho khona. Nokho ngithi kini: Kusukela manje
niyakubona iNdodana yomuntu ihlezi ngakwesokunene saMandla, iza
emafwini ezulu.

65 Khona umpristi omkhulu waklebhula izingubo zakhe, wathi:
Usehlambalazile; sisaswelelani ofakazi na? Bheka, kalokhu nikuzwile
ukuhlambalaza kwakhe.

66 Nithini na? Kepha baphendula bathi: Ufanele ukufa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

67 Base bemkhafulela ngamathe ebusweni, bamdushuza, kepha abanye
bammukula,

68bathi: Siprofethele, Kristu; ngubani okushayileyo na?

### Ukuphika kukaPetru

(Mark. 14:66; Luk. 22:54; Joh. 18:17, 25)

69 Kepha uPetru wayehlezi ngaphandle egcekeni; kweza kuye intombazana,
yathi: Nawe ubunoJesu waseGalile.

70Kodwa waphika phambi kwabo bonke, wathi: Angikwazi lokhu okushoyo.

71Kwathi esephumele esangweni, enye intombazana yambona, yathi kwababe
lapho: Lona ube noJesu waseNazaretha.

72Waphika futhi ngokufunga, wathi: Angimazi lowo muntu.

73Emva kwesikhashana ababemi khona basondela, bathi kuPetru: Nempela
nawe ungomunye wabo, ngokuba nokukhuluma kwakho kuyakudalula.

74Khona waqala ukuthuka nokufunga, wathi: Angimazi lowo muntu.
Masinyane lase likhala iqhude.

75UPetru wayesekhumbula izwi likaJesu abelishilo lokuthi: Iqhude
lingakakhali, uzakungiphika kathathu. Waphumela phandle, wakhala
kamunyu.

## NgokukaMathewu 27

### UJesu ephambi kukaPilatu. Ukuzibulala kukaJuda

(Mark. 15:1; Luk. 23:1, 13; Joh. 18:28; 19:2, 16)

1 Kwathi sekusile, bonke abapristi abakhulu namalunga esizwe benza icebo
ngoJesu lokuba bambulale;

2 bambopha, bamuka naye, bamnikela kuPilatu umbusi.

3 Khona uJuda owamkhaphelayo, ebona ukuthi ulahliwe, wazisola,
wabuyisela izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu kubapristi
namalunga,

4wathi: Ngonile ukuba ngikhaphele igazi elingenacala. Bona bathi: Kuyini
lokho kithi na? Zibonele wena.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Wayesephonsa izinhlamvu zesiliva ethempelini, wamuka, waziphanyeka.

6 Kepha abapristi abakhulu bazithatha izinhlamvu zesiliva, bathi: Akuvunyelwe ukuzifaka emnikelweni, ngokuba kuyimali yegazi.

7 Benza icebo, bathenga ngayo insimu yombumbi, ibe ngeyokumbela abafokazi.

8 Ngalokho insimu leyo ithiwa insimu yegazi kuze kube namuhla.

9 Khona kwagcwaliseka okwashiwo ngomprofethi uJeremiya ukuthi: Bathatha izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu, inani lowamiselwa inani onani lakhe lamiswa ngamadodana ka-Israyeli;

10 bakhokha ngazo insimu yombumbi, njengokuba iNkosi ingiyalile.

11 Kepha uJesu wayemi phambi kombusi; umbusi wambuza wathi: Wena uyinkosi yabaJuda na? UJesu wathi kuye: Usho khona.

12 Kwathi lapho abapristi abakhulu namalunga bemthwesa icala, kaphendulanga lutho.

13 Khona uPilatu wathi kuye: Awuzwa yini lokho okungaka abakufakaza ngawe na?

14 Akaze amphendula nakwelilodwa izwi, umbusi waze wamangala kakhulu.

15 Kepha ngomkhosi umbusi wayejwayele ukukhululela isixuku isiboshwa sibe sinye esasisithanda.

16 Ngaleso sikhathi babe nesiboshwa esidumileyo esithiwa uBaraba.

17 Ngakho sebebuthene, uPilatu wathi kubo: Nithanda ukuba nginikhululele bani, uBaraba nokuba uJesu othiwa uKristu, na?

18 Ngokuba wayekwazi ukuthi bamnikele ngomhawu.

19 Esahlezi esihlalweni sokwahlulela, umkakhe wathumela kuye, wathi: Ungabi nandaba kulowo muntu olungileyo; ngokuba ngihluphekile kakhulu namuhla ngaye ephusheni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20Kepha abapristi abakhulu namalunga bancenga izixuku ukuba zicele
uBaraba, zimbulale uJesu.

21 Wayesephendula umbusi, wathi kubo: Nithanda ukuba nginikhululele
muphi kulaba ababili na? Bathi: UBaraba.

22UPilatu wathi kubo: Pho-ke, ngimenze njani uJesu othiwa uKristu na?
Bonke bathi: Makabethelwe esiphambanweni.

23Wayesethi: Ngokuba wenze bubi buni na? Kepha bamemeza kakhulu, bathi:
Makabethelwe esiphambanweni.

24 UPilatu esebona ukuthi akanakwenza lutho nokuthi isiphithiphithi sesanda
kakhulu, wathatha amanzi, wahlamba izandla phambi kwesixuku, wathi:
Anginacala egazini lalo muntu; ziboneleni nina.

25Abantu bonke base bephendula bethi: Igazi lakhe malibe phezu kwethu
naphezu kwabantwana bethu.

26Wayesebakhululela uBaraba, kepha wamshaya uJesu, wamnikela ukuba
abethelwe esiphambanweni.

27 Khona amabutho ombusi ayesemthatha uJesu, amngenisa enqabeni,
aqoqela kuye ibutho lonke.

28Amhlubula, amembathisa ingubo ebomvu,

29aluka umqhele wameva, awufaka ekhanda lakhe, nomhlanga esandleni
sakhe sokunene, aguqa ngamadolo phambi kwakhe, ambhinqa athi: Bayede,
nkosi yabaJuda!

30 Amkhafulela ngamathe, athatha umhlanga, amshaya ekhanda lakhe.

31Esembhinqile amhlubula ingubo, amembathisa izingubo zakhe, amuka naye
ukuyombethela esiphambanweni.

32 Esaphuma afumana umuntu waseKhurene, nguSimoni igama lakhe;
amcindezela lowo ukuba athwale isiphambano sakhe.

**UJesu esesiphambanweni**

(Mark. 15:22; Luk. 23:26; Joh. 19:17)

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

33 Esefikile endaweni ethiwa iGolgotha okungukuthi iNdawo Yekhanda,

34 amphuzisa iwayini elixutshwe nenyongo; kepha kuthe elizwa, akathandanga ukuliphuza.

35 Esembethele esiphambanweni abelana izingubo zakhe, enzelana inkatho;

36 ahlala amlinda khona.

37 Abeka ngaphezu kwekhanda lakhe icala lakhe libhalwe ngokuthi: LO NGUJESU, INKOSI YABAJUDA.

38 Kwabethelwa kanye naye abaphangi ababili, omunye ngakwesokunene nomunye ngakwesokhohlo.

39 Kepha abadlulayo bamhlambalaza benikina amakhanda abo,

40 bathi: Wena odiliza ithempeli, ubuye ulakhe ngezinsuku ezintathu, zisindise, uma uyiNdodana kaNkulunkulu, wehle esiphambanweni.

41 Kanjalo nabapristi abakhulu bambhinqa kanye nababhali namalunga, bathi:

42 Wasindisa abanye, angezisindise yena; uyinkosi yakwa-Israyeli, akehle manje esiphambanweni, sikholwe nguye.

43 Wethembile uNkulunkulu; makamkhulule manje, uma emthanda, ngokuba wathi: NgiyiNdodana kaNkulunkulu.

44 Kepha nabaphangi ababebethelwe esiphambanweni kanye naye bamdumaza kanjalo.

45 Kepha kusukela ngehora lesithupha kwaba mnyama emhlabeni wonke, kwaze kwaba yihora lesishiyagalolunye.

46 Kepha ngehora lesishiyagalolunye uJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Eli, Eli, lama sabaktani? okungukuthi: Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?

47 Abanye kwababemi khona bekuzwa bathi: Lo ubiza u-Eliya.

48 Masinyane omunye kubo wagijima, wathatha ilula, waligcwalisa ngoviniga, walihloma emhlangeni, wamphusiza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

49Kepha abanye bathi: Yeka, sibone uma u-Eliya eza ukumsindisa.

50UJesu wabuye wamemeza ngezwi elikhulu, wafa.

51 Bheka-ke, isihenqo sethempeli sadabuka kabili, kusukela phezulu kuze
kufike phansi; umhlaba wazamazama, amadwala aqhekezeka;

52amathuna avuleka, imizimba eminingi yabangcwele ababelele yavuka;

53baphuma emathuneni emva kokuvuka kwakhe, bangena emzini ongcwele,
babonakala kwabaningi.

54Kepha induna yekhulu nababe nayo belinda uJesu sebebona ukuzamazama
nalokho okwenzekileyo besaba kakhulu, bathi: Nempela lo ube yiNdodana
kaNkulunkulu.

55 Kwakukhona lapho abesifazane abaningi bebukela, bekude, ababemlandele
uJesu bevela eGalile, bemkhonza;

56phakathi kwabo kwakukhona oMariya Magdalena, unina kaJakobe
nokaJose, nonina wamadodana kaZebedewu.

### Ukumbelwa kukaJesu

(Mark. 15:42; Luk. 23:50; Joh. 19:38)

57 Sekuhlwile, kwafika umuntu ocebileyo wase-Arimatheya, igama lakhe
nguJosefa, owayengumfundi kaJesu naye;

58lo waya kuPilatu, wacela isidumbu sikaJesu. Khona uPilatu wayala ukuba
anikwe sona.

59UJosefa wasithatha isidumbu, wasisonga ngendwangu enhle ehlanzekileyo,

60wasibeka ethuneni lakhe elisha ayeliqophe edwaleni, wagingqela itshe
elikhulu emnyango wethuna, wahamba.

61Kepha kwakukhona lapho uMariya Magdalena nomunye uMariya behlezi
phambi kweliba.

62Kepha ngangomuso okungolulandela usuku lokulungisela abapristi
abakhulu nabaFarisi babuthana kuPilatu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

63 bathi: Nkosi, sikhumbula ukuthi lowo mkhohlisi esekhona wathi: Emva kwezinsuku ezintathu ngizakuvuka.

64 Ngakho yala ukuba iliba ligcinwe kuze kube lusuku lwesithathu ukuba abafundi bakhe bangaze bafike bamebe, bathi kubantu: Uvukile kwabafileyo; kuthi inkohliso yokugcina ibe mbi kuneyokuqala.

65UPilatu wathi kubo: Nampa abalindi; hambani niligcine njengokubona kwenu.

66Base behamba, baligcina iliba, babeka uphawu etsheni bekanye nabalindi.

## NgokukaMathewu 28

### Ukuvuka nokuzibonakalisa kukaJesu

(Mark. 16:1; Luk. 24:1; Joh. 20:1)

1 Kepha ekupheleni kwesabatha ngovivi lolokuqala lweviki kwafika uMariya Magdalena nomunye uMariya, beza ukuyobona iliba.

2Bheka, kwaba khona ukuzamazama komhlaba okukhulu, ngokuba ingelosi yeNkosi yehla ezulwini, yeza yagingqa itshe, yahlala phezu kwalo.

3Ukubonakala kwayo kwakunjengonyazi, nesambatho sayo sasimhlophe njengongqoqwane.

4Kepha abalindi bathuthumela ngokuyesaba, baba njengabafileyo.

5 Kodwa ingelosi yaphendula, yathi kwabesifazane: Ningesabi nina; ngokuba ngiyazi ukuthi nifuna uJesu obebethelwe esiphambanweni;

6kakho lapha, ngokuba uvukile njengokusho kwakhe; zanini nibone indawo lapho ebelele khona.

7 Hambani masinyane, nitshele abafundi bakhe ukuthi uvukile kwabafileyo; bhekani, uyanandulela ukuya eGalile, nizakumbona khona. Bhekani, nginitshelile.

8Base beshesha bamuka ethuneni benokwesaba nokuthokoza okukhulu, bagijima baya ukubikela abafundi bakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Bheka, uJesu wabahlangabeza, wathi: Sanibona. Besondela babamba izinyawo zakhe, bakhuleka kuye.

10 Khona uJesu wathi kubo: Ningesabi; hambani, nibikele abafowethu ukuba bahambe baye eGalile; bayakungibona khona.

11Besahamba, bheka, abanye kubalindi bafika emzini, babikela abapristi abakhulu konke okwenzekileyo.

12 Sebebuthene namalunga benza icebo, banika amabutho imali eningi,

13bathi: Shonini ukuthi abafundi bakhe beza ebusuku, bameba silele.

14Uma kuzwakala lokho kumbusi, siyakuncengana naye thina, nina ningakhathazeki.

15Ayeseyithatha imali, enza njengokufundiswa kwawo. Leli zwi landa phakathi kwabaJuda kuze kube namuhla.

### Isiyalezo sokugcina sikaJesu

(Mark. 16:14; Luk. 24:44)

16Kepha abafundi abayishumi nanye baya eGalile kuleyo ntaba uJesu ayebayalele yona;

17sebembona bakhuleka kuye, kepha abanye bangabaza.

18 UJesu wasondela, wakhuluma kubo, wathi: Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni;

19 ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele,

20 nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho; bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# NgokukaMarku

## NgokukaMarku 1

### Ukufika kukaJesu Kristu kuyamenyezelwa nguJohane uMbhapathizi
(Math. 3:1; Luk. 3:1; Joh. 1:6, 19)

1 Ukuqala kwevangeli likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.

2 Njengokulotshwe kumprofethi u-Isaya ukuthi: Bheka, ngiyasithuma
isithunywa sami phambi kwakho esiyakulungisa indlela yakho, --

3 izwi lomemezayo ehlane, lithi: Lungisani indlela yeNkosi, nenze imikhondo
yayo iqonde,

4 kwavela uJohane ebhapathiza ehlane, eshumayela umbhapathizo
wokuphenduka, kube ngukuthethelelwa kwezono.

5 Kwaphumela kuye izwe lonke laseJudiya nabo bonke abaseJerusalema,
babhapathizwa nguye emfuleni iJordani, bevuma izono zabo.

6 UJohane wayembethe eyoboya bekamela, enoqhotho lwesikhumba
okhalweni lwakhe, edla izinkumbi nezinyosi zasendle.

7 Washumayela wathi: Emva kwami kuyeza onamandla kunami,
engingafanele ukuba ngikhothame ngithukulule umchilo wezicathulo zakhe.

8 Mina nginibhapathize ngamanzi, kepha yena uzakunibhapathiza ngoMoya
oNgcwele.

### Ukubhapathizwa kukaJesu. Ulingwa nguSathane
(Math. 3:13; Luk. 3:21; Math. 4:1; Luk. 4:1)

9 Kwathi ngaleyo mihla kwafika uJesu evela eNazaretha laseGalile,
wabhapathizwa nguJohane eJordani.

10 Wanele ukukhuphuka emanzini, wabona izulu livuleka, noMoya ehlela
phezu kwakhe njengejuba.

11 Kwavela izwi ezulwini, lithi: Wena uyiNdodana yami ethandekayo;
ngithokozile ngawe.

12 Masinyane uMoya wayesemqhubela ehlane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

13Wayekhona ehlane izinsuku ezingamashumi amane elingwa nguSathane; wayendawonye nezilwane; izingelosi zamkhonza.

### Ukubizwa kwabafundi
(Math. 4:12; Luk. 5:1)

14Emva kokuboshwa kukaJohane uJesu wafika eGalile eshumayela ivangeli likaNkulunkulu,

15wathi: Isikhathi sigcwalisekile, umbuso kaNkulunkulu ususondele; phendukani, nikholwe yivangeli.

16Kwathi edlula ngaselwandle lwaseGalile, wabona oSimoni no-Andreya umfowabo kaSimoni bephonsa inetha elwandle, ngokuba babe ngabadobi.

17UJesu wayesethi kubo: Ngilandeleni; ngiyakunenza nibe ngabadobi babantu.

18Base bewashiya masinyane amanetha, bamlandela.

19Eseqhubekile ingcosana wabona uJakobe kaZebedewu noJohane umfowabo besemkhunjini, belungisa amanetha.

20Wababiza masinyane; base bemshiya uyise uZebedewu emkhunjini kanye nezisebenzi, bamlandela.

21 Bangena eKapernawume. Kwathi masinyane ngesabatha wangena esinagogeni, wafundisa.

22 Bamangala ngokufundisa kwakhe; ngokuba wabafundisa njengonamandla, kungenjengababhali.

### Ukuphulukiswa kweziguli
(Math. 8:14; Luk. 4:31)

23Kwakukhona-ke esinagogeni umuntu onomoya ongcolileyo, wamemeza,

24 wathi: Sinamsebenzi muni nawe Jesu waseNazaretha? Uze ukusibhubhisa na? Ngiyakwazi ukuba ungubani -- ungoNgcwele kaNkulunkulu.

25UJesu wamkhuza wathi: Thula, uphume kuye!

26Umoya ongcolileyo wamhlukumeza, wakhala ngezwi elikhulu, waphuma kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Bethuka bonke, babuzana bodwa, bathi: Kuyini lokhu? Yisifundiso esisha esinamandla; nawomoya abangcolileyo uyabayala, bamlalele.

28Udumo lwakhe lwase lwanda masinyane kuso sonke isifunda saseGalile.

29 Sebephume esinagogeni bangena masinyane endlini kaSimoni no-Andreya, benoJakobe noJohane.

30Umkhwekazi kaSimoni wayelele enomkhuhlane; bashesha bamtshela ngaye.

31Waya kuye, wamlulamisa embamba ngesandla; umkhuhlane wamyeka, wabakhonza.

32Kwathi ukuba kuhlwe, selishonile ilanga, baletha kuye bonke abagulayo nabakhwelwe ngamademoni.

33Umuzi wonke wawubuthene ngasemnyango.

34 Waphulukisa abaningi abaphethwe yizifo ngezifo, wakhipha amademoni amaningi, wayengawavumeli amademoni ukukhuluma, ngokuba ayemazi.

35Ekuseni kusemnyama kakhulu, wavuka waphuma, waya endaweni eyihlane, wakhuleka khona.

36USimoni nababe naye bamlandela ngokuphuthuma.

37Sebemfumene bathi kuye: Bonke bayakufuna.

38Wathi kubo: Masiye kwezinye izindawo emizaneni eseduze ukuba ngishumayele nakhona; ngokuba ngiphumele khona lokho.

39Wahamba eshumayela emasinagogeni abo kulo lonke iGalile, ekhipha amademoni.

### UJesu uphilisa umuntu onochoko

(Math. 8:1; Luk. 5:12)

40 Kwafika kuye onochoko, wamncenga eguqa ngamadolo, ethi kuye: Uma uthanda, ungangihlambulula.

41UJesu wamhawukela, welula isandla, wamphatha, wathi kuye: Ngiyathanda; hlambuluka.

42Lwasuka masinyane uchoko kuye, wahlambuluka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

43 Esemyalisisile washesha wammukisa,

44 wathi kuye: Bheka, ungasho lutho kumuntu, kepha hamba uzibonakalise kumpristi, unikele ngokuhlanjululwa kwakho lokho okwayalelwa nguMose, kube ngubufakazi kubo.

45 Kepha yena esephumile waqala ukuyandisa kakhulu nokuyidumisa le ndaba, ngangokuba uJesu wayengasenakungena emzini obala; wayesehlala ngaphandle ezindaweni eziyihlane; beza kuye bevela nxazonke.

## NgokukaMarku 2

### UJesu uphilisa umuntu ofe uhlangothi. Ukubizwa kukaLevi

(Math. 9:1; Luk. 5:17)

1 Wabuye wangena eKapernawume emva kwezinsuku ezithile; kwezwakala ukuthi usendlini.

2 Kwase kubuthana abaningi, akwabe kusabakho ndawo nangasemnyango; wakhuluma izwi kubo.

3 Beza kuye bethwele umuntu ofe uhlangothi, ephethwe ngabantu abane.

4 Bengenakusondela kuye ngenxa yesixuku baqaqa uphahla lapho ekhona, bathi sebebhobozile behlisa uhlaka alele kulo ofe uhlangothi.

5 UJesu ebona ukukholwa kwabo wathi kofe uhlangothi: Ndodana, uthethelelwe izono zakho.

6 Kepha kwakukhona ababhali abathile behlezi khona, bezindla ezinhliziyweni zabo ngokuthi:

7 Lo ukhulumelani kanje na? Uyahlambalaza. Ngubani ongathethelela izono, kungeyena uNkulunkulu yedwa na?

8 UJesu ekwazi masinyane emoyeni wakhe ukuthi bazindla kanjalo phakathi kwabo, wathi kubo: Nizindlelani ngalokhu ezinhliziyweni zenu na?

9 Yikuphi okulula ukuthi kofe uhlangothi: Uthethelelwe izono zakho, noma ukuthi: Vuka, uthathe uhlaka lwakho, uhambe, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

10Kepha ukuze nazi ukuthi iNdodana yomuntu inamandla emhlabeni okuthethelela izono -- wathi kofe uhlangothi --

11 ngithi kuwe: Vuka, uthathe uhlaka lwakho, uye endlini yakho.

12Wayesevuka, wathatha masinyane uhlaka lwakhe, waphuma phambi kwabo bonke, baze bamangala bonke, bamdumisa uNkulunkulu, bathi: Asizange sikubone okunje.

13Waphuma futhi, waya ngaselwandle; isixuku sonke sabantu seza kuye, wabafundisa.

14Wathi edlula, wambona uLevi ka-Alfewu ehlezi endaweni yokuthela, wathi kuye: Ngilandele. Wasuka-ke, wamlandela.

15Kwathi ehlezi ekudleni endlini yakhe, abathelisi abaningi nezoni bahlala noJesu nabafundi bakhe; ngokuba babe baningi, bamlandela.

16Khona ababhali babaFarisi bembona edla nezoni nabathelisi bathi kubafundi bakhe: Yini ukuba adle nabathelisi nezoni na?

17 UJesu ekuzwa lokho wathi kubo: Abaphilileyo abadingi inyanga, ngabagulayo bodwa; kangizelanga ukubiza abalungileyo kodwa izoni.

### Ukuzila ukudla

(Math. 9:14; 12:1; Luk. 5:33)

18Abafundi bakaJohane nabaFarisi babezila ukudla; beza bathi kuye: Yini ukuba abafundi bakaJohane nabafundi babaFarisi bazile ukudla, kodwa abafundi bakho bangazili na?

19UJesu wathi kubo: Abayeni bangazila yini, umyeni esenabo na? Bese naye umyeni bangezile.

20Kodwa zizakufika izinsuku, lapho umyeni ezakususwa kubo; yikhona-ke bezakuzila ngalolo suku.

21Akakho othungela isiziba esingakashukeki engutsheni endala, funa okusha okubekelwayo kuklebhule kwendala, kwande ukuklebhuka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[22]Futhi akakho othela iwayini elisha ezimvabeni ezindala, funa iwayini liqhumise izimvaba, lichitheke iwayini, nezimvaba zonakale; kodwa iwayini elisha lithelwa ezimvabeni ezintsha.

### UJesu uchachisa umyalelo wesabatha

(Math. 12:1; Luk. 6:1)

[23]Kwathi edabula amasimu ngesabatha, abafundi bakhe baqala ukukha izikhwebu behamba.

[24] Base bethi kuye abaFarisi: Bheka, bakwenzelani ngesabatha okungavunyelwe na?

[25] Wathi kubo: Anizange nifunde yini akwenzayo uDavide mhla eswele, elambile yena nababe naye

[26] ukuthi wangena endlini kaNkulunkulu enkathini ka-Abiyathara umpristi omkhulu, wadla izinkwa zokubukwa ezingavunyelwe ukudliwa muntu, ngabapristi bodwa, wanika nababe naye, na?

[27]Wayesethi kubo: Isabatha lenzelwa umuntu, umuntu akenzelwanga isabatha.

[28]Ngokunjalo iNdodana yomuntu iyinkosi neyesabatha.

## NgokukaMarku 3

### UJesu uphilisa ngesabatha

(Math. 12:1; Luk. 6:6)

[1]Khona wabuye wangena esinagogeni. Kwakukhona lapho umuntu onesandla esishwabeneyo.

[2]Bamqaphela ukuba uzakumphilisa yini ngesabatha, ukuze bambeke icala.

[3]Wathi kumuntu onesandla esishwabeneyo: Sukuma, ume phakathi.

[4]Wayesethi kubo: Kuvunyelwe ngesabatha ukwenza okuhle noma okubi yini, ukusindisa umuntu noma ukumbulala na? Kepha bathula.

[5]Waqalaza ebabuka ngokuthukuthela, edabukile ngobulukhuni benhliziyo yabo; wayesethi kulowo muntu: Yelula isandla. Waselula, saphiliswa isandla sakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

6 AbaFarisi base bephuma masinyane bacebisana ngaye nabakaHerode ukuthi bangambhubhisa kanjani.

7UJesu wasuka kanye nabafundi bakhe, waya ngaselwandle; isixuku esikhulu samlandela sivela eGalile, naseJudiya,

8 naseJerusalema, nase-Idumiya, nangapheseya kweJordani, nangaseTire, naseSidoni; isixuku esikhulu sesizwile konke akwenzayo seza kuye.

9Wayeseyala abafundi bakhe ukuba isikebhe simlindele ngenxa yesixuku sabantu, ukuze bangamcindezeli,

10ngokuba wayephulukisa abaningi, kwaze kwathi bonke abanezifo bawela phezu kwakhe ukuba bamnamathe.

11 Nawomoya abangcolileyo bathi ukuba bambone, bawa phansi phambi kwakhe, bamemeza bathi: Wena uyiNdodana kaNkulunkulu.

12 Wabayalisisa ukuba bangamzwakalisi.

### Ukukhethwa kwabaphostoli

(Math. 10:1; Luk. 6:12)

13Wayesenyukela entabeni, wabizela kuye abebafuna yena; beza kuye.

14Wamisa abayishumi nambili ukuba babe naye nokuba abathume baye kushumayela,

15babe namandla okukhipha amademoni.

16 Wayesemisa laba abayishumi nambili: uSimoni owamqamba igama lokuthi uPetru,

17 noJakobe kaZebedewu, noJohane umfowabo kaJakobe; laba wabaqamba igama lokuthi oBowanergesi okungukuthi amadodana okuduma;

18no-Andreya, noFiliphu, noBartolomewu, noMathewu, noTomase, noJakobe ka-Alfewu, noThadewu, noSimoni umKhanani,

19noJuda Iskariyothe owamkhaphelayo.

### Isono sokuhlambalaza

(Math. 12:22; Luk. 11:14)

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Wayesefika ekhaya; isixuku sabuthana futhi, ababe besaba nathuba lokudla nasinkwa.

[21]Abakubo sebekuzwile baphuma ukuyombamba, ngokuba bathi uyahlanya.

[22]Nababhali abehla bevela eJerusalema bathi: UnoBelzebule, ukhipha amademoni ngombusi wamademoni.

[23]Wayesebabiza, wakhuluma kubo ngemifanekiso, ethi: USathane angakhipha kanjani uSathane na?

[24]Uma umbuso wahlukene wodwa, lowo mbuso ungeme.

[25]Nendlu, uma yahlukene yodwa, leyo ndlu ayizukuma.

[26]NoSathane, uma ezivukela yena, ahlukane, akanakuma, kepha uyaphela.

[27]Yebo, akakho ongangena endlini yesiqhwaga, aphange impahla yaso, uma engabophi kuqala isiqhwaga, andukuba aphange indlu yaso.

[28]Ngiqinisile ngithi kini: Abantwana babantu bayakuthethelelwa izono zonke nokuhlambalaza noma kungakanani abangahlambalaza ngakho,

[29]kepha lowo ohlambalaza uMoya oNgcwele kanakuthethelelwa naphakade, kodwa unecala lesono esingapheliyo.

[30]Ngokuba bathi unomoya ongcolileyo.

### Izihlobo eziyizo zikaJesu
(Math. 12:46; Luk. 8:19)

[31]Kwase kufika unina nabafowabo, bema ngaphandle, bathumela kuye bembiza.

[32]Isixuku sabantu sasimphahlile; bathi kuye: Bheka, unyoko nabafowenu nawodadewenu bangaphandle bekufuna.

[33]Wabaphendula wathi: Ngubani umame nabafowethu na?

[34]Waqalaza ebuka ababehlezi bemphahlile, wathi: Bhekani, nangu umame nabafowethu.

[35]Ngokuba owenza intando kaNkulunkulu nguye ongumfowethu nodadewethu nomame.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

## NgokukaMarku 4

### Umfanekiso womhlwanyeli nowembewu ezimilelayo noweyesinaphi

(Math. 13:1; Luk. 8:4; 13:18)

1Khona wabuye waqala ukufundisa ngaselwandle. Kwabuthana kuye isixuku esikhulu kakhulu, waze wangena emkhunjini, wahlala elwandle; isixuku sonke sasisemhlabathini ngaselwandle.

2Wabafundisa okuningi ngemifanekiso; wathi kubo ekufundiseni kwakhe:

3 Lalelani; bhekani, kwaphuma umhlwanyeli ukuyohlwanyela.

4Kwathi ekuhlwanyeleni kwakhe enye imbewu yawela ngasendleleni; kwafika izinyoni, zayidla zayiqeda.

5Enye yawela edwaleni, lapho yayingenamhlabathi omningi khona; yamila masinyane, ngokuba ingenamhlabathi ojulileyo.

6Kwathi ukuba liphume ilanga, yahamuka; nangokuba ingenampande, yabuna.

7Enye yawela emeveni; ameva akhula, ayiminyanisa, ayaze yathela isithelo.

8Enye yawela emhlabathini omuhle; yahluma, yakhula, yathela isithelo, yaveza ngamashumi amathathu, nangamashumi ayisithupha, nangekhulu.

9Wayesethi: Onezindlebe zokuzwa makezwe.

10Lapho esengasesitha, ababe naye kanye nabayishumi nambili bambuza ngale mifanekiso.

11Wathi kubo: Nina niphiwe imfihlakalo yombuso kaNkulunkulu, kodwa abangaphandle benzelwa konke ngemifanekiso,

12 ukuze ngokubona babone, bangabonisisi, nangokuzwa bezwe, bangaqondi, funa baphenduke, bathethelelwe.

13Wayesethi kubo: Aniwazi lo mfanekiso; pho, niyakuyazi kanjani yonke imifanekiso na?

14Umhlwanyeli uhlwanyela izwi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Abangasendleleni yilabo abathi lapho kuhlwanyelwa khona izwi, nanxa sebelizwile, kufike masinyane uSathane, alisuse izwi elihlwanyelwe kubo.

16Kanjalo abahlwanyelwe edwaleni yilabo abathi sebelizwile izwi, balamukele masinyane ngokuthokoza;

17kepha kabanampande phakathi kwabo, kodwa bahlala isikhashana nje, kuthi sekuvele ukuhlupheka nokuzingelwa ngenxa yezwi, bakhubeke masinyane.

18Abanye bangabahlwanyelwe emeveni; yibo abalizwile izwi,

19 kepha iminako yalesi sikhathi, nokukhohlisa kwengcebo, nokunxanela ezinye izinto kungena kuliminyanise izwi, libe ngelingatheliyo.

20Nabahlwanyelwe emhlabathini omuhle yilabo abalizwa izwi, balamukele, bathele isithelo ngamashumi amathathu, nangamashumi ayisithupha, nangekhulu.

21Wayesethi kubo: Imbala isibani siza ukuba sibekwe phansi kwesitsha nokuba phansi kombhede yini, singabekwa othini, na?

22Ngokuba akukho okusithekileyo okungayikuhlalukiswa; akukho okuyisifuba okungayikuba sobala.

23Uma ekhona onezindlebe zokuzwa, makezwe.

24Wayesethi kubo: Qaphelani enikuzwayo; ngaleso silinganiso enilinganisa ngaso nani niyakulinganiselwa ngaso, nenezelwe nina.

25Ngokuba onakho uyakuphiwa; kepha ongenakho uyakwamukwa nalokho anakho.

26Wayesethi: Unjalo umbuso kaNkulunkulu; unjengokuba umuntu ephonsa imbewu emhlabathini,

27alale, avuke ubusuku nemini, imibewu imile, ikhule, engazi ukuthi kanjani.

28Umhlabathi uthela isithelo ngokwawo, kuqala ikhaba, khona isikhwebu, besekuba yizinhlamvu ezipheleleyo esikhwetshini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29Nxa sesivuthiwe isithelo, afake masinyane isikela, ngokuba ukuvuna sekufikile.

30Wathi futhi: Siyakuwufanisa nani umbuso kaNkulunkulu? Siyakuwuchaza ngamfanekiso muni na?

31Unjengenhlamvu yesinaphi ethi, nxa ihlwanyelwe emhlabathini, incinyane kunazo zonke izimbewu ezisemhlabeni,

32kodwa nxa isihlwanyelwe imila ibe nkulu kunazo zonke izilimo, ixhante amagatsha amakhulu, ukuze izinyoni zezulu zakhele emthunzini wawo.

33Walikhuluma izwi kubo ngemifanekiso eminingi enjalo njengamandla abo okuzwa;

34kodwa ngaphandle komfanekiso kakhulumanga kubo; kepha sebebodwa wabachasisela abafundi bakhe konke.

### Ukuthuliswa kwesivunguvungu

(Math. 8:23; Luk. 8:22)

35Ngalolo suku sekuhlwile, wathi kubo: Asiwele siye ngaphesheya.

36Base bemukisa isixuku, bahamba naye, njengalokho ebesemkhunjini; kwakukhona neminye imikhumbi ihambisana naye.

37Kwase kuvuka isivunguvungu esikhulu somoya, amaza aphonseka phakathi emkhunjini, umkhumbi waze waqala ukugcwala.

38Kepha yena wayengasemuva emkhunjini elele esicamelweni; bamvusa, bathi kuye: Mfundisi, awunaki, nakuba sibhubha, na?

39Wayesevuka, wakhuza umoya, wathi kulo ulwandle: Thula, uthi du. Kwanqamuka umoya, kwaba khona ukuthula okukhulu.

40Wathi kubo: Yini ukuba nesabe kangaka na? Yini ukuba ningabi nakukholwa na?

41Besaba ngokwesaba okukhulu, bathi omunye komunye: Kanti lo ungubani, lokhu nomoya nolwandle kuyamlalela?

## NgokukaMarku 5

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## Ukukhishwa kwamademoni

(Math. 8:28; Luk. 8:26)

1Base befika phesheya kolwandle ezweni lamaGerasa.

2Esephume emkhunjini, kwahlangana naye masinyane umuntu ovela emathuneni, enomoya ongcolileyo.

3Wayehlala emathuneni, kungasekho muntu ongambopha nangeketanga;

4ngokuba wayeseboshwe kaningi ngawozankosi nangamaketanga, kepha amaketanga ayegqashuliwe nguye nawozankosi babephuliwe, kungekho noyedwa owayenamandla okumthambisa.

5Ngesikhathi sonke ubusuku nemini wayesemathuneni nasezintabeni, ememeza, ezilimaza ngamatshe.

6Wathi ukuba ambone uJesu esekude, wagijima, wakhuleka kuye;

7wayesememeza ngezwi elikhulu, ethi: Nginamsebenzi muni nawe Jesu, Ndodana kaNkulunkulu oPhezukonke? Ngikufungisa uNkulunkulu, ungangihluphi.

8Ngokuba wathi kuye: Phuma kulo muntu, moya ongcolileyo.

9Wayesembuza ethi: Ngubani igama lakho? Wathi kuye: NginguLegiyona igama lami, ngokuba sibaningi.

10Wamncenga kakhulu ukuba angabamukisi kulelo zwe.

11Kwakukhona lapho ngasentabeni umhlambi omkhulu wezingulube ziklabile.

12Bamncenga bathi: Sithumele ezingulubeni ukuba singene kuzo.

13Wabavumela. Omoya abangcolileyo baphuma, bangena ezingulubeni; umhlambi wagulukudela eweni, waphonseka elwandle kungathi izinkulungwane ezimbili, zaminza elwandle.

14Ababezalusa babaleka, baya babika emzini nasemaphandleni; base beza ukuyobona okwenzekileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Bafika kuJesu, bambona obekhwelwe ngamademoni ehlezi embethe,
esangulukile, yena owayenelegiyona; base besaba.

16Ababekubonile babatshela ukuthi kwenzeke kanjani kowayekhwelwe
ngamademoni, nangezingulube.

17Base beqala ukumncenga ukuba amuke ezweni lakubo.

18Wathi ukuba angene emkhunjini, lowo owayekhwelwe ngamademoni
wamncenga ukuba abe naye.

19Akamvumelanga, kepha wathi kuye: Hamba uye ekhaya kwabakini,
ubabikele ukuthi kungakanani iNkosi ekwenzele khona, yakuhawukela.

20Wamuka-ke, waqala ukulanda eDekapholi ngokuthi kungakanani
abekwenzile kuye uJesu; bamangala bonke.

**Indodakazi kaJayiru ivuswa ekufeni**

(Math. 9:18; Luk. 8:40)

21Khona uJesu esebuye ewelele ngaphesheya ngomkhumbi, kwabuthana
isixuku esikhulu kuye engaselwandle.

22Kwase kufika omunye wabaphathi besinagoge, nguJayiru igama lakhe,
owathi ukuba ambone, waziphonsa phansi ngasezinyaweni zakhe,

23wamncenga kakhulu, wathi: Indodakazi yami isiyalela; ake uze, ubeke
izandla phezu kwayo ukuba isindiswe, iphile.

24Wahamba naye. Isixuku esikhulu samlandela, samcindezela.

25Owesifazane owayenomopho iminyaka eyishumi nambili,

26ehluphekile ngokuningi ezinyangeni eziningi, echithile konke ayenakho,
engasizakalanga ngalutho, kodwa kwayilokhu kuqhubeka,

27esezwile ngoJesu, weza esixukwini ngasemuva, wathinta ingubo yakhe,

28ngokuba wathi: Uma ngingathinta nje izingubo zakhe, ngizakusindiswa.

29Kwanqamuka masinyane umthombo wegazi lakhe, wezwa emzimbeni
ukuthi uphulukile enhluphekweni yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30 Wanele ukuzwa uJesu phakathi kwakhe ukuthi amandla aphumile kuye, waphendukela esixukwini, wathi: Ngubani othinte izingubo zami na?

31Abafundi bakhe bathi kuye: Uyabona isixuku sikucindezela, usuthi: Ngubani ongithintileyo na?

32Waqalaza ukuba ambone owenzile lokho.

33Khona owesifazane esaba ethuthumela, azi okwenzekile kuye, weza waziphonsa phansi phambi kwakhe, wamtshela iqiniso lonke.

34 Wayesethi kuye: Ndodakazi, ukukholwa kwakho kukusindisile; hamba ube nokuthula; usuphulukile enhluphekweni yakho.

35Esakhuluma, kwafika abomphathi wesinagoge, bathi: Indodakazi yakho isifile; usamkhathazelani uMfundisi na?

36Kwathi ukuba uJesu ezwile izwi elishiwoyo, wathi kumphathi wesinagoge: Ungesabi, kholwa kuphela.

37Akavumelanga muntu amlandele, kuphela oPetru, noJakobe, noJohane umfowabo kaJakobe.

38Bafika-ke endlini yomphathi wesinagoge, wabona isiyaluyalu nabakhalayo nabalila kakhulu.

39Wangena, wathi kubo: Niyaluzelani, nikhalelani na? Umntwana akafile, kodwa ulele.

40Bamhleka usulu. Kepha yena wabakhipha bonke, wathatha uyise womntwana nonina kanye nababe naye, wangena lapho kulele khona umntwana.

41Wabamba umntwana ngesandla, wathi kuye: Thalitha, kumi, okungukuthi ngokuhunyushwa: Ntombazana, ngithi kuwe, vuka!

42Yayisivuka masinyane intombazana, yahamba; ngokuba yayineminyaka eyishumi nambili. Khona bamangala ngokumangala okukhulu.

43Wabayalisisa ukuba lokhu kungaziwa muntu; futhi wathi mayiphiwe ukudla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## NgokukaMarku 6

### UJesu udelelwa ngabaseNazaretha
(Math. 13:53; Luk. 4:16)

1Khona wamuka lapho, waya ezweni lakubo; abafundi bakhe bamlandela.

2Sekufikile isabatha, waqala ukufundisa esinagogeni. Abaningi abamuzwayo bamangala bathi: Lo ukuthathaphi lokhu na? Ukuhlakanipha kuni akunikiwe lona na? Nemisebenzi yamandla enje yenziwe ngezandla zakhe na?

3 Lo akusiye umbazi, indodana kaMariya, nomfowabo kaJakobe, noJose, noJuda, noSimoni, na? Nawodadewabo abakho yini lapha kithi na? Base bekhubeka ngaye.

4 Wayesethi kubo uJesu: Umprofethi kadelelwa ngaphandle kwasezweni lakubo, nasezihlotsheni zakhe, nasendlini yakwabo.

5Wayengenakwenza lapho nowodwa umsebenzi wamandla ngaphandle kokuthi wabeka izandla phezu kwabagulayo abayingcosana, wabaphulukisa.

6 Wamangala ngokungakholwa kwabo. Wahamba imizi ngemizi efundisa.

### Ukuthunywa kwabaphostoli
(Math. 10:1; Luk. 9:1)

7 Wayesebabiza abayishumi nambili, waqala ukubathuma ngababili, wabanika amandla phezu kwawomoya abangcolileyo.

8Wabayala ukuba bangaphathi lutho lwendlela, kuphela udondolo lodwa, bangaphathi nasinkwa, nasikhwama, nathusi emixhakeni,

9kepha bafake izicathulo, bangembathi kodwa amabhantshi amabili.

10Wathi kubo: Nakuphi lapho ningena khona endlini, hlalani kuyo, nize nimuke khona.

11 Nayiphi indawo engayikunamukela, nalapho bengayikunizwa khona, anothi nimuka kuyo, nivuthulule uthuli oluphansi kwezinyawo zenu, kube ngubufakazi kubo.

12Base behamba beshumayela ukuba abantu baphenduke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

13Bakhipha amademoni amaningi, bagcoba abagulayo abaningi ngamafutha, babaphulukisa.

### Ukubulawa kukaJohane uMbhapathizi

(Math. 14:1; Luk. 9:7)

14Yayisikuzwa inkosi uHerode, ngokuba lalidumile igama lakhe. Kwathiwa uJohane uMbhapathizi uvukile kwabafileyo; kungalokho lawa mandla asebenza kuye.

15Kodwa abanye bathi: Ngu-Eliya; abanye bathi: Ngumprofethi njengomunye wabaprofethi.

16Kepha uHerode ekuzwile wathi: UJohane engamnquma ikhanda nguye ovukile.

17 Ngokuba yena uHerode wayethumele wambamba uJohane, wambopha etilongweni ngenxa kaHerodiya umkaFiliphu umfowabo, ngokuba wayeganwe nguye.

18 Ngokuba uJohane wayethe kuHerode: Awuvunyelwe ukuthatha umkamfowenu.

19Njalo uHerodiya wambambela amagqubu, wafuna ukumbulala; kepha kabanga namandla,

20ngokuba uHerode wayemesaba uJohane emazi ukuthi uyindoda elungileyo engcwele, wamlonda; nalapho emuzwa, wayesambatheka kaningi, nokho kwabamnandi kuye ukumuzwa.

21Kwathi sekufikile usuku oluhle, lapho uHerode ngosuku lokuzalwa kwakhe ezenzela idili izikhulu zakhe, nezinduna zempi, nabanumzane baseGalile,

22kwangena indodakazi kaHerodiya uqobo, yasina, yajabulisa uHerode nababehlezi naye. Inkosi yayisithi entombazaneni: Cela kimi noma yini okuthandayo, ngizakukunika.

23Wafunga kuyo, wathi: Noma yini ongakucela kimi ngizakukunika, nakuba kungaze kube yinxenye yombuso wami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

24Yayisiphuma, yathi kunina: Ngizakucelani na? Yena wathi: Ikhanda likaJohane uMbhapathizi.

25Yakhawuleza yangena masinyane enkosini, yacela yathi: Ngithanda ukuba ungiphe khona manje ngoqwembe ikhanda likaJohane uMbhapathizi.

26Inkosi yadabuka kakhulu, kepha ngenxa yezifungo nangenxa yababehlezi nayo ekudleni ayithandanga ukuyilandulela.

27Inkosi yayisithuma masinyane ibutho, waliyala ukuba lilethe ikhanda lakhe. Lahamba, lamnquma ikhanda etilongweni.

28Laletha ikhanda lakhe ngoqwembe, layinika intombazana, intombazana yamnika unina.

29Kwathi ukuba abafundi bakhe bakuzwe lokho, beza bathatha isidumbu sakhe, basibeka ethuneni.

### UJesu usuthisa amadoda ayizinkulungwane eziyisihlanu

(Math. 14:13; Luk. 9:12; Joh. 6:1)

30Abaphostoli babuthana kuJesu, bambikela ababekwenzile nababekufundisile.

31 Wayesethi kubo: Zanini nina nodwa endaweni eyihlane, niphumule ingcosana. Ngokuba babe baningi abezayo nabahambayo, abaze bathola nasikhathi sokudla.

32Base bemuka ngomkhumbi, baya endaweni eyihlane bebodwa.

33Abaningi sebebabona bemuka, baqonda, baze bagijimela khona ngezinyawo, bephuma kuyo yonke imizi, babandulela.

34 Wathi ephuma, wabona isixuku esikhulu, waba nesihe ngabantu, ngokuba babe njengezimvu ezingenamalusi; waqala ukubafundisa okuningi.

35 Kwathi isikhathi sesihambile, beza kuye abafundi bakhe, bathi: Le ndawo iyihlane, isikhathi sesidlulile;

36bamukise ukuba baye emaphandleni nasemizaneni ezungezileyo, bazithengele ukudla.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37Wayesephendula, ethi kubo: Bapheni nina ukudla. Bathi kuye: Sihambe yini, siyothenga izinkwa zawodenariyu abangamakhulu amabili, sibaphe badle na?

38Wathi kubo: Ninezinkwa ezingaki na? Hambani nibone. Sebazi bathi: Ziyisihlanu, nezinhlanzi ezimbili.

39Wabayala ukuba bonke bahlale phansi etshanini obuluhlaza izigaba ngezigaba.

40Base behlala phansi amaviyo ngamaviyo, kwaba ngamakhulu nangamashumi ayisihlanu.

41Wazithabatha izinkwa eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili, wabheka ngasezulwini, wazibusisa, wazihlephula izinkwa, wazinika abafundi ukuba bazibeke phambi kwabo; nezinhlanzi ezimbili wababela bonke ngazo.

42Badla bonke, basutha.

43Babutha imvuthuluka, iziqabetho eziyishumi nambili ezigcwele, neyezinhlanzi.

44Ababedlile izinkwa babe ngamadoda ayizinkulungwane eziyisihlanu.

### UJesu uhamba phezu kolwandle

(Math. 14:22; Joh. 6:16)

45Wayesecindezela masinyane abafundi bakhe ukuba bangene emkhunjini, bamandulele ukuya phesheya eBetsayida, yena aze amukise isixuku.

46Esebavalelisile wahamba waya entabeni ukuyokhuleka.

47Kwathi sekuhlwile, umkhumbi wawuphakathi nolwandle, yena eyedwa emhlabathini.

48Wababona behlupheka ekugwedleni, ngokuba umoya wawuphambene nabo, weza kubo ngomlindo wesine wobusuku ehamba phezu kolwandle. Kwangathi uyadlula kubo.

49Sebembonile ehamba phezu kolwandle, bacabanga ukuthi yisithunzi; bakhala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

50Ngokuba bonke bambona, bethuka. Kepha washesha wakhuluma nabo, wathi kubo: Yimani isibindi; yimina, ningesabi.

51Wayesekhwela emkhunjini kubo, umoya wanqamuka; bamangala kakhulu impela phakathi kwabo.

52Ngokuba abaqondanga okwezinkwa, lokhu inhliziyo yabo yayilukhuni.

53Sebewelile bafika ezweni laseGenesaretha, babopha ogwini.

54Ukuphuma kwabo emkhunjini yena wayaziwa masinyane.

55Bagijimela kulo lonke lelo zwe, baqala ukuletha abagulayo ngezinhlaka, lapho bemuzwa ukuthi ukhona.

56Kwathi nomaphi lapho engena khona, emizaneni, nasemizinini, nasemaphandleni, babeka abagulayo ezigcawini, bamncenga ukuba bathinte noma umphetho wengubo yakhe kuphela; bonke abamthinta basindiswa.

## NgokukaMarku 7

### AbaFarisi nababhali basolwa ngenxa yezimiso zabo

(Math. 15:1)

1Kwabuthana kuye abaFarisi nabanye bababhali bevela eJerusalema.

2 Sebebonile ukuthi abanye babafundi bakhe badla izinkwa ngezandla ezimbi okungukuthi ezingahlanjiwe --

3ngokuba abaFarisi kanye nabaJuda bonke abadli bengahlambisisanga izandla, bebamba isiko labadala;

4nanxa bevela endalini, abadli bengakahlambi; kukhona nezinye izinto eziningi abazamukeleyo ukuba bazibambe, njengokuhlanza izinkezo, nezinkamba, nezitsha zethusi --

5abaFarisi nababhali bambuza bathi: Abafundi bakho abahambi ngani ngesiko labadala, kepha badla isinkwa ngezandla ezimbi na?

6 Wayesethi kubo: U-Isaya waprofetha kahle ngani nina bazenzisi njengokulotshiweyo ukuthi: Lesi sizwe singidumisa ngezindebe zomlomo, kepha inhliziyo yaso ikude nami;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7kodwa bangikhonza ngeze befundisa izifundiso eziyimiyalo yabantu.

8 Niyeka umyalo kaNkulunkulu, nibambe isiko labantu.

9Wayesethi kubo: Yebo, nichitha umyalo kaNkulunkulu ukuba nigcine isiko lenu.

10 Ngokuba uMose wathi: Yazisa uyihlo nonyoko, nokuthi: Othuka uyise noma unina makafe nokufa;

11kepha nina nithi: Uma umuntu ethi kuyise noma kunina: YiKorbana, okungukuthi umnikelo, lokho ongabe usizwa yimi ngakho,

12anisamvumeli ukuba enzele uyise noma unina utho.

13Izwi likaNkulunkulu nilenza libe yize ngesiko lenu enilivezileyo; nokunye okuningi okunjalo niyakwenza.

14Khona wabuye wabiza isixuku, wathi kuso: Ngizweni nonke, niqonde.

15 Alukho utho olungaphandle komuntu lungene kuye olungamngcolisa; kepha okuphumayo kuye yilokho okumngcolisayo umuntu.

16Uma ekhona onezindlebe zokuzwa, makezwe.

17Kuthe esengene endlini, evela esixukwini, abafundi bakhe bambuza ngalowo mfanekiso.

18Wayesethi kubo: Kanti nani ningabangaqondiyo na? Aniqondi yini ukuthi konke okungaphandle okungena kumuntu kungemngcolise na?

19 Ngokuba akungeni enhliziyweni yakhe, kodwa kungena esiswini, kuphumele ngaphandle, kuhlambulula ukudla konke.

20Wayesethi: Okuphumayo kumuntu yilokho okumngcolisayo umuntu;

21 ngokuba ngaphakathi enhliziyweni yabantu kuphuma imicabango emibi, nobufebe, nokweba, nokubulala,

22nokuphinga, nokufisa, nokushinga, nenkohliso, nokungabi nanhloni, neso elibi, nokuhlambalaza, nokuzidla, nobuwula.

23Zonke lezo zinto ezimbi zivela ngaphakathi, zimngcolise umuntu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

### Owesifazane waseSirofenike
(Math. 15:21)

24Wayesemuka lapho, waya emikhawulweni yaseTire. Wangena endlini, akathanda ukwaziwa muntu, kodwa wayengenakufihlakala.

25Kwathi masinyane owesifazane ondodakazi yakhe encane inomoya ongcolileyo esezwile ngaye, weza waziphonsa phansi ngasezinyaweni zakhe.

26Kepha owesifazane lo wayengumGreki engumSirofenike ngokuzalwa, wamnxusa ukuba akhiphe idemoni endodakazini yakhe.

27UJesu wayesethi kuye: Ake kusuthe abantwana kuqala, ngokuba akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni.

28Kodwa waphendula, wathi kuye: Yebo, Nkosi; kepha nezinjana zidla imvuthuluka yabantwana phansi kwetafula.

29Wayesethi kuye: Ngenxa yalelo zwi, hamba-ke; idemoni seliphumile endodakazini yakho.

30Wayesemuka, waya endlini yakhe, wafumana umntwana elele embhedeni, idemoni liphumile.

### Isithulu esinamalimi siyaphiliswa
(Math. 15:29)

31UJesu waphuma futhi emikhawulweni yaseTire, wadabula iSidoni, weza ngaselwandle lwaseGalile edabula izwe laseDekapholi.

32Baletha kuye isithulu esinamalimi, bamncenga ukuba abeke isandla phezu kwaso.

33Wagudluka naso esixukwini bebodwa, wafaka iminwe yakhe ezindlebeni zaso, wafela amathe, waphatha ulimi lwaso,

34wabheka ngasezulwini, wabubula, wathi kuso: Efatha! okungukuthi: Vuleka!

35Zase zivuleka izindlebe zaso, wathukuluka masinyane umthambo wolimi lwaso, sakhuluma kahle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

36Wabayala ukuba bangatsheli muntu. Kepha kwathi nakuba ebayala kakhulu, kwayikhona bekwandisa kakhulu impela.

37Bamangala nokumangala, bathi: Wenze kahle konke; nezithulu uzenza zizwe, nezimungulu zikhulume.

## NgokukaMarku 8

### UJesu usuthisa amadoda ayizinkulungwane ezine

(Math. 15:32)

1Ngalezo zinsuku sekukhona futhi isixuku esikhulu singenakudla, wabiza abafundi bakhe, wathi kubo:

2 Ngiyasihawukela isixuku, ngokuba sekuyizinsuku ezintathu sihlezi kimi, singenanto yokudla.

3Uma ngibamukisa, baye ekhaya bengadlanga, bayakuphela amandla endleleni, ngokuba abanye babo bavela kude.

4Abafundi bakhe bamphendula bathi: Umumtu angatholaphi lapha ehlane izinkwa zokusuthisa laba na?

5Wababuza wathi: Ninezinkwa ezingaki na? Bathi: Eziyisikhombisa.

6Wayala isixuku ukuba sihlale phansi; wazithabatha izinkwa eziyisikhombisa, wabonga, wazihlephula, wanika abafundi bakhe ukuba bababele; basabela isixuku.

7Babe nezinhlanzana eziyingcosana futhi; esezibusisile wathi ababele nazo.

8Badla, basutha, babutha imvuthuluka eseleyo, amaqoma ayisikhombisa.

9Babengathi izinkulungwane ezine; wabamukisa.

10Wayesengena masinyane emkhunjini kanye nabafundi bakhe, weza ezweni laseDalmanutha.

### Abafuna izibonakaliso

(Math. 12:38; 16:1; Luk. 11:29)

11 Khona kwafika abaFarisi, baqala ukuphendulana naye befuna kuye isibonakaliso esivela ezulwini, bemlinga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Wabubula emoyeni wakhe, wathi: Lesi sizukulwane sifunelani isibonakaliso na? Ngiqinisile ngithi kini: Lesi sizukulwane asiyikunikwa sibonakaliso.

13Wabashiya, wabuye wangena emkhunjini, wamuka, waya ngaphesheya.

14Kepha babekhohliwe ukuphatha izinkwa, bengenalutho, isinkwa sisinye kuphela emkhunjini.

15Wayesebayala ethi: Anobheka nixwaye imvubelo yabaFarisi nemvubelo kaHerode.

16Baphendulana bodwa, bathi abanazinkwa.

17UJesu ekwazi wathi kubo: Yini ukuba niphendulane ngokuthi aninazinkwa na? Anikaboni, anikaqondi, na? Inhliziyo yenu iselukhuni na?

18 Ninamehlo aniboni yini, ninezindlebe anizwa na? Anikhumbuli yini

19 mhla ngihlephulela abayizinkulungwane eziyisihlanu izinkwa eziyisihlanu ukuthi nabutha iziqabetho ezingaki ezigcwele imvuthuluka na? Bathi kuye: Ishumi nambili.

20 Mhla ziyisikhombisa kwaba yizinkulungwane ezine, nabutha amaqoma amangaki agcwele imvuthuluka na? Bathi: Isikhombisa.

21Wathi kubo: Anikaqondi na?

### Impumputhe yaseBetsayida

22Bafika eBetsayida. Base beletha kuye impumputhe, bamncenga ukuba ayiphathe.

23 Wayibamba impumputhe ngesandla, wayiholela ngaphandle komuzi, wafela amathe emehlweni ayo, wabeka izandla phezu kwayo, wayibuza wathi: Ubona utho na?

24Yabheka, yathi: Ngibona abantu, ngibabona behamba; kungathi yizihlahla.

25Khona waphinda wabeka izandla phezu kwamehlo ayo, yabhekisisa, yasinda, yabonisisa konke.

26Wayithumela ekhaya layo, wathi: Ungangeni emzini wabantu.

### Isivumo sikaPetru

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

(Math. 16:13; Luk. 9:18)

27UJesu wayesephuma kanye nabafundi bakhe, waya emizini yaseKesariya Filipi. Besendleleni, wababuza abafundi bakhe, wathi kubo: Abantu bathi ngingubani na?

28Bamtshela bathi: UJohane uMbhapathizi; abanye bathi: Ngu-Eliya; abanye bathi: Ngomunye wabaprofethi.

29Wayesebabuza ethi: Nina-ke nithi ngingubani na? UPetru waphendula, wathi kuye: Wena unguKristu.

30Wabayalisisa ukuba bangatsheli muntu ngaye.

### UJesu ukhuluma ngokufa nokuvuka kwakhe

(Math. 16:21; Luk. 9:22)

31Khona waqala ukubafundisa ukuthi iNdodana yomuntu imelwe ukuhlupheka ngokuningi, ilahlwe ngamalunga nabapristi abakhulu nababhali, ibulawe, ivuswe emva kwezinsuku ezintathu.

32Leli zwi walikhuluma ngokusobala. UPetru wamthatha, waqala ukumkhuza.

33Kepha waphenduka, wabheka abafundi bakhe, wamkhuza uPetru, wathi: Buyela emva kwami, Sathane, ngokuba awuqondi okukaNkulunkulu kepha okwabantu.

34Wayesebiza isixuku nabafundi bakhe, wathi kubo: Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe, angilandele.

35 Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; kepha olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami nangenxa yevangeli uyakukusindisa.

36Ngokuba kuyakumsizani umuntu ukuzuza izwe lonke, alahlekelwe ngukuphila kwakhe, na?

37Yingabe angakhiphani umuntu, kube yisihlengo sokuphila kwakhe, na?

38 Ngokuba yilowo nalowo onezinhloni ngami nangamazwi ami kulesi sizukulwane esiphingayo nesonakeleyo, neNdodana yomuntu iyakuba

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

nezinhloni ngaye, lapho iza ngenkazimulo kaYise kanye nezingelosi ezingcwele.

## NgokukaMarku 9

[1]Wayesethi kubo: Ngiqinisile ngithi kini: Bakhona abanye kwabemi lapha abangayikuzwa ngempela ukufa, baze babone umbuso kaNkulunkulu ufikile ngamandla.

### Ukukhazimuliswa kukaJesu entabeni

(Math. 17:1; Luk. 9:28)

[2]Emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu wathatha oPetru, noJakobe, noJohane, wakhuphukela nabo entabeni ende bebodwa; waphenduka esinye isimo phambi kwabo.

[3]Izingubo zakhe zacwazimula zaba mhlophe qwa, ngangokuba umhlanzi wasemhlabeni angezenze zibe mhlophe kangaka.

[4]Kwabonakala kubo u-Eliya enoMose; babekhuluma noJesu.

[5]Wathatha uPetru, wathi kuJesu: Rabi, kuhle ukuba silapha; masakhe amadokodo amathathu, elinye libe ngelakho, elinye libe ngelikaMose, elinye libe ngelika-Eliya.

[6]Wayengazi ukuthi uzakuphendula ngokuthini, ngokuba babesaba kakhulu.

[7] Kwase kufika ifu, libasithibeza; kwavela izwi efwini, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo; yizweni.

[8]Kwathi masinyane beqalaza, ababe besabona muntu, kuphela uJesu yedwa enabo.

[9]Besehla entabeni, wabayala ukuba bangatsheli muntu abakubonileyo, iNdodana yomuntu ingakavuki kwabafileyo.

[10]Bazigcinela lelo zwi bebuzana ngokuthi kuyini lokho ukuvuka kwabafileyo.

[11] Base bembuza, bethi: Basholoni ababhali ukuthi u-Eliya umelwe ukufika kuqala na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Wayesethi kubo: Nempela u-Eliya uyeza kuqala ukuba abuyisele konke; kepha kulotshiwe kanjani ngeNdodana yomuntu ukuthi izakuhlupheka ngokuningi, idelelwe, na?

13 Kodwa ngithi kini: U-Eliya sewafika, benza kuye abakuthandayo, njengalokho kulotshiwe ngaye.

### Ukuphulukiswa komfana onesithuthwane

(Math. 17:14; Luk. 9:37)

14 Kwathi sebeza kubafundi, babona isixuku esikhulu sibahaqile nababhali bebuzana nabo.

15 Isixuku sonke sambona qede sashaywa luvalo, sagijimela kuye, sambingelela.

16 Wayesebabuza ethi: Nibuzana nabo ngantoni na?

17 Omunye wesixuku wamphendula wathi: Mfundisi, ngilethe kuwe indodana yami enomoya oyisimungulu.

18 Kuthi lapho eyibambayo, uyidonsela phansi, ikhihlize amagwebu, igedle amazinyo, iphele amandla. Ngikhulume nabafundi bakho ukuba bamkhiphe, kepha bahluleka.

19 Waphendula wathi: O sizukulwane esingakholwayo, koze kube nini nginani na? Koze kube nini nginibekezelela na? Yiletheni kimi.

20 Bayiletha kuye. Kwathi umoya embona, wayihlukumeza kakhulu masinyane, yawa phansi emhlabathini, yazigingqa ikhihliza amagwebu.

21 Wayesebuza kuyise ukuthi isikhathi sesingakanani ifikelwe yilokhu na? Wathi: Kwasebuntwaneni.

22 Uyiphonsile kaningi emlilweni nasemanzini ukuba ayibhubhise; kodwa uma unamandla okwenza utho, sihawukele, usisize.

23 UJesu wayesethi kuye: Uma unamandla! Konke kungenzeka kokholwayo.

24 Uyise womntwana wayesememeza masinyane, wathi: Ngiyakholwa, siza ukungakholwa kwami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25UJesu esebona ukuthi isixuku sigijimela ndawonye, wamkhuza umoya ongcolileyo, wathi kuye: Wena moya oyisimungulu nesithulu ngiyakuyala mina, ngithi: Phuma kuye, ungabe usangena kuye.

26Wamemeza, wamhlukumeza kakhulu, waphuma; waba njengofileyo, baze bathi abaningi: Usefile.

27Kepha uJesu wambamba ngesandla, wamvusa; wasukuma.

28Kuthe esengenile endlini, abafundi bakhe bambuza bebodwa, bathi: Thina besingemkhiphe ngani na?

29Wayesethi kubo: Lolu hlobo lungephume ngalutho, kuphela ngokukhuleka nangokuzila ukudla.

### UJesu ukhuluma futhi ngokuhlupheka kwakhe
(Math. 17:22; Luk. 9:43)

30Bamuka lapho, badabula iGalile, wayengathandi ukuba kwaziwe muntu,

31 ngokuba wabafundisa abafundi bakhe, wathi kubo: INdodana yomuntu ikhashelwa ezandleni zabantu, bazakuyibulala; kuthi isibulewe, izakuvuka emva kwezinsuku ezintathu.

32Kepha abakuzwisisanga lokho kusho, besaba nokumbuza.

### Ubukhulu obuyibo nezikhubekiso
(Math. 18:1; Luk. 9:46)

33Base beza eKapernawume. Kwathi esengene endlini, wababuza wathi: Beniphendulana ngantoni endleleni na?

34Kepha bathula, ngokuba bebekhulumisene endleleni ngokuthi ngubani omkhulu.

35Wayesehlala phansi, wababiza abayishumi nambili, wathi kubo: Uma umuntu ethanda ukuba ngowokuqala, makabe ngowokugcina kubo bonke nesikhonzi sabo bonke.

36Wayesethatha umntwana, wammisa phakathi kwabo, wamgona, wathi kubo:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37 Yilowo nalowo oyakwamukela abe munye kubantwana abanje ngegama lami uyangamukela mina, ongamukela mina akamukeli mina kodwa ongithumileyo.

38 UJohane wayesethi kuye: Mfundisi, sabona umuntu ongasilandeli ekhipha amademoni ngegama lakho; samnqabela ngokuba engasilandeli.

39 Kepha uJesu wathi: Ningamnqabeli, ngokuba akakho owenza umsebenzi wamandla ngegama lami ongasuka masinyane, akhulume kabi ngami.

40 Ngokuba ongamelene nathi ungakithi.

41 Yilowo nalowo oniphuzisa inkezo yamanzi ngegama lami ngokuba ningabakaKristu, ngiqinisile ngithi kini: Akasoze alahlekelwa ngumvuzo wakhe.

42 Nalowo okhubekisa abe munye kulaba abancinyane abakholwayo kungangcono kuye ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakhe, aphonswe elwandle.

43 Uma isandla sakho sikukhubekisa, sinqume; kungcono ungene ekuphileni uyingini kunokuba uye esihogweni, emlilweni ongacimekiyo, unezandla zombili,

44 lapho impethu yabo ingafi, nomlilo ungacimi.

45 Uma unyawo lwakho lukukhubekisa, lunqume; kungcono ungene ekuphileni ulunyonga kunokuba uphonswe esihogweni, emlilweni ongacimekiyo, unezinyawo zombili,

46 lapho impethu yabo ingafi, nomlilo ungacimi.

47 Uma iso lakho likukhubekisa, likhiphe; kungcono ungene embusweni kaNkulunkulu uneso linye kunokuba uphonswe esihogweni unamehlo omabili,

48 lapho impethu yabo ingafi, nomlilo ungacimi.

49 Ngokuba bonke bazakugqunyiswa ngomlilo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

50 Usawoti muhle, kepha uma usawoti engasenabusawoti, niyakumhlaziya ngani na? Yibani nosawoti phakathi kwenu, nihlalisane ngokuthula.

## NgokukaMarku 10

### Ukuhlalisana kwabaganeneyo
(Math. 19:1; Luk. 16:18)

1Wasuka lapho, weza emikhawulweni yaseJudiya nangaphesheya kweJordani; izixuku zabuye zabuthana kuye, waphinda wabafundisa abantu njengokujwayela kwakhe.

2Kwase kusondela kuye abaFarisi, bambuza ukuthi kuvunyelwe yini ukuba indoda ilahle umkayo, bemlinga.

3Waphendula, wathi kubo: UMose waniyala ngokuthini na?

4 Bathi: UMose wavuma ukuba kulotshwe incwadi yesahlukaniso, alahlwe.

5UJesu wayesethi kubo: Ngenxa yobulukhuni benhliziyo yenu wanilobela lowo myalo.

6 Kepha kusukela ekuqaleni kokudalwa uNkulunkulu wabenza owesilisa nowesifazane.

7 Ngenxa yalokho umuntu uyakushiya uyise nonina, anamathele kumkakhe;

8labo ababili bayakuba nyamanye; ngakho abasebabili, kepha sebenyamanye.

9Ngakho-ke lokho akuhlanganisileyo uNkulunkulu makungahlukaniswa ngumuntu.

10Besendlini abafundi babuye bambuza ngalokho.

11 Wathi kubo: Yilowo nalowo olahla umkakhe, aganwe ngomunye, uyaphinga kuye.

12Naye, uma elahla indoda yakhe, agane enye, uyaphinga.

### Ukubusiswa kwabantwana
(Math. 19:13; Luk. 18:15)

13Khona baletha kuye abantwanyana ukuba abaphathe; kepha abafundi babakhuza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14Kodwa uJesu ekubona wathukuthela, wathi kubo: Vumelani abantwana beze kimi, ningabenqabeli, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo.

15Ngiqinisile ngithi kini: Yilowo nalowo ongamukeli umbuso kaNkulunkulu njengomntwana kasoze angena kuwo.

16Wabagona, wababusisa ebeka izandla phezu kwabo.

### Insizwa enothileyo
(Math. 19:16; Luk. 18:18)

17Ekuphumeni kwakhe ukuya endleleni umuntu wagijimela kuye, waguqa ngamadolo phambi kwakhe, wambuza wathi: Mfundisi omuhle, ngiyakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na?

18Kepha uJesu wathi kuye: Ungibizelani ngokuthi ngimuhle na? Kakho omuhle, munye kuphela, uNkulunkulu.

19 Uyayazi imiyalelo ukuthi: Ungabulali, ungaphingi, ungebi, ungafakazi amanga, ungamamuki umuntu utho, yazisa uyihlo nonyoko.

20Kepha wathi kuye: Mfundisi, konke lokho ngikugcinile kwasebusheni bami.

21UJesu wayesembheka, emthanda, wathi kuye: Usasilalelwe into inye; hamba uthengise ngakho konke onakho, uphe abampofu, khona uzakuba negugu ezulwini; uze ungilandele.

22Kepha wanyukumala ngalelo zwi, wamuka edabukile, ngokuba wayenengcebo enkulu.

23UJesu waqalaza, wathi kubafundi bakhe: Kulukhuni kangakanani kwabanomnotho ukungena embusweni kaNkulunkulu.

24Kepha abafundi bethuka ngamazwi akhe. UJesu wabuye waphendula, wathi kubo: Bantwana, kulukhuni kangakanani kwabethemba umnotho ukungena embusweni kaNkulunkulu.

25Kulula ukuba ikamela lingene ngentunja yosungulo kunokuba onothileyo angene embusweni kaNkulunkulu.

26Bamangala kakhulu, bathi omunye komunye: Pho, kungasindiswa bani na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27 UJesu ebabheka wathi: Kubantu akunakwenzeka, kepha kuNkulunkulu akunjalo; ngokuba kuNkulunkulu kungenzeka konke.

### Umvuzo wokuzidela
(Math. 19:27; Luk. 18:28)

28UPetru wathatha, wathi kuye: Bheka, thina sishiye konke, sakulandela.

29UJesu wathi: Ngiqinisile ngithi kini: Akukho muntu oshiye indlu, noma abafowabo, noma odadewabo, noma unina, noma uyise, noma abantwana, noma amazwe ngenxa yami nangenxa yevangeli,

30ongayikwamukeliswa ngekhulu: manje kulesi sikhathi izindlu, nabafowabo, nawodadewabo, nawonina, nabantwana, namazwe kanye nokuzingelwa, nasenkathini ezayo ukuphila okuphakade.

31Kepha abaningi abokuqala bayakuba ngabokugcina, nabokugcina babe ngabokuqala.

### UJesu ukhuluma futhi ngokufa nokuvuka kwakhe
(Math. 20:17; Luk. 18:31)

32Babesendleleni bekhuphukela eJerusalema; uJesu wayehamba phambi kwabo; ababelandela babethukile, besaba. Wayesethatha futhi abayishumi nambili, waqala ukubatshela okuzakumehlela, ethi:

33 Bhekani, sikhuphukela eJerusalema; iNdodana yomuntu izakukhashelwa kubapristi abakhulu nababhali; bazakuyinqumela ukuba ife, bayikhaphele kwabezizwe;

34bazakuyiklolodela, bayikhafulele ngamathe, bayishaye, bayibulale; kepha emva kwezinsuku ezintathu izakuvuka.

### UJesu ukhuza amadodana kaZebedewu
(Math. 20:20)

35Kwase kusondela kuye oJakobe noJohane amadodana kaZebedewu, bathi kuye: Mfundisi, siyathanda ukuba usenzele lokhu esizakukucela kuwe.

36Wathi kubo: Nifuna ukuba nginenzeleni na?

37Bathi kuye: Siphe ukuba sihlale, omunye ngakwesokunene sakho, omunye ngokwesokhohlo sakho enkazimulweni yakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

38Kepha uJesu wathi kubo: Anikwazi enikucelayo. Ningasiphuza yini isitsha engisiphuzayo mina, nibhapathizwe ngombhapathizo engibhapathizwa ngawo na?

39Bathi kuye: Singakwenza. UJesu wathi kubo: Isitsha engisiphuzayo mina niyakusiphuza, nibhapathizwe ngombhapathizo engibhapathizwa ngawo mina;

40kepha ukuhlala ngakwesokunene sami nangakwesokhohlo akusikho okwami ukuphana ngakho, kodwa kungokwalabo abakulungiselweyo.

41Bathi ukuzwa lokho abayishumi, baqala ukuthukuthelela oJakobe noJohane.

42UJesu wayesebabiza, wathi kubo: Niyazi ukuthi abathiwa babusa izizwe bazenza amakhosi phezu kwazo, nezikhulu zazo ziphethe amandla phezu kwazo.

43Kepha akunjalo phakathi kwenu, kodwa yilowo nalowo ofuna ukuba mkhulu phakathi kwenu makabe yisikhonzi senu,

44nalowo ofuna ukuba ngowokuqala phakathi kwenu makabe yinceku yabo bonke.

45 Ngokuba nayo iNdodana yomuntu ayizelanga ukukhonzwa kepha ukukhonza nokunikela ukuphila kwayo, kube yisihlengo sabaningi.

## UBartimewu impumputhe

(Math. 20:29)

46Khona bafika eJeriko. Kwathi esaphuma eJeriko nabafundi bakhe nesixuku esikhulu, indodana kaThimewu uBartimewu, isinxibi esiyimpumputhe, wayehlezi ngasendleleni.

47Wathi ukuba ezwe ukuthi nguJesu waseNazaretha, waqala ukumemeza ethi: Jesu, Ndodana kaDavide, ngihawukele!

48Abaningi bamkhuza, bathi kathule; kepha kwayikhona wamemeza kakhulu, ethi: Ndodana kaDavide, ngihawukele!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

49Wayesema uJesu, wathi: Mbizeni. Bayibiza impumputhe, bathi kuyo: Yima
isibindi, usukume; uyakubiza.

50Yayisilahla ingubo yayo, yagxuma, yaya kuJesu.

51UJesu washo kuyo, wathi: Ufuna ukuba ngikwenzeleni na? Impumputhe
yathi kuye: Rabuni, ukuba ngibone.

52 UJesu wathi kuyo: Hamba-ke; ukukholwa kwakho kukusindisile.
Yayisibona khona lapho, yamlandela endleleni.

## NgokukaMarku 11

### UJesu ungena eJerusalema

(Math. 21:1; Luk. 19:29; Joh. 12:12)

1Kwathi ukuba basondele eJerusalema, naseBetfage, naseBethaniya
ngaseNtabeni Yeminqumo, wathuma ababili kubafundi bakhe,

2wathi kubo: Hambani niye emzaneni obhekene nani; kothi nisangena kuwo,
nizakufumana ithole lembongolo likhulekiwe, okungakaze kuhlale muntu
kulo; lithukululeni, nililethe.

3Uma umuntu ethi kini: Nikwenzelani lokhu na? anothi: INkosi iyalidinga;
izakulibuyisela lapha masinyane.

4Bahamba, bafumana ithole likhulekiwe ngasesangweni ngaphandle
emgwaqweni; balithukulula.

5Abanye kwababemi khona bathi kubo: Nenzani nilithukulula ithole na?

6Basho kubo njengokusho kukaJesu; base bebayeka.

7Baliletha ithole kuJesu, babeka izingubo zabo phezu kwalo, wakhwela kulo.

8Abaningi bendlala izingubo zabo endleleni, abanye amahlamvu
ababewagawule endle.

9 Ababehamba phambili nababelandela bamemeza bathi: Hosiyana!
Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi.

10Ubusisiwe umbuso ozayo kababa uDavide. Hosiyana kweliphezulu!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[11]UJesu wangena eJerusalema, waya ethempelini; esekubukile konke
waphuma, sekuhlwile, waya eBethaniya kanye nabayishumi nambili.

### Ukuqalekiswa komkhiwane
(Math. 21:18; Luk. 19:45)

[12]Ngangomuso ekuphumeni kwabo eBethaniya walamba.

[13]Wabona umkhiwane ukude, unamaqabunga, wasondela ethi mhlawumbe
angathola utho kuwo; esefikile kuwo akafumananga lutho, amaqabunga
odwa, ngokuba kwakungesiso isikhathi samakhiwane.

[14]UJesu wakhuluma, wathi kuwo: Akungabe kusadla noyedwa isithelo kuwe
kuze kube phakade. Abafundi bakhe bakuzwa.

### Ukuhlanzwa kwethempeli
(Math. 21:12; Luk. 19:45)

[15]Bafika eJerusalema. Wangena ethempelini, waqala ukuxosha abathengisayo
nabathengayo ethempelini, wagumbuqela amatafula abashintshelana imali
nezihlalo zabathengisa ngamajuba;

[16]wayengavumi ukuba umuntu adabule ithempeli ethwele isitsha.

[17] Wafundisa, wathi kubo: Akulotshiwe yini ukuthi, indlu yami iyakubizwa
ngokuthi indlu yokukhuleka yezizwe zonke na? Kepha nina niyenze Umhume
wabaphangi.

[18]Abapristi abakhulu nababhali bekuzwa lokho bazindla ngokuthi
bangambhubhisa kanjani, ngokuba babemesaba, lokhu isixuku sonke
samangala ngokufundisa kwakhe.

[19]Njalo ngokuhlwa baphuma emzini.

[20]Kusasa bedlula babona umkhiwane ubunile kusukela ezimpandeni.

[21]UPetru ekhumbula wathi kuye: Rabi, bheka, umkhiwane owuqalekisileyo
ubunile.

[22]UJesu waphendula, wathi kubo: Kholwani nguNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Ngiqinisile ngithi kini: Yilowo nalowo oyakuthi kule ntaba: Nqukuleka, uphonseke elwandle, engangabazi enhliziyweni yakhe kepha ekholwa ukuthi lokho akushoyo kuyenzeka, uzakuba nakho.

24 Ngalokho ngithi kini: Konke enikukhulekelayo nenikucelayo, kholwani ukuthi nikwamukele, nizakuba nakho.

25 Futhi nxa nimi nikhuleka, thethelelani, uma ninamagqubu nomunye, ukuze noYihlo osezulwini anithethelele iziphambeko zenu.

26Kepha uma nina ningathetheleli, noYihlo osezulwini akayikunithethelela iziphambeko zenu.

### Igunya likaJesu

(Math. 21:23; Luk. 20:1)

27Babuye bafika eJerusalema; kwathi ehamba ethempelini, beza kuye abapristi abakhulu, nababhali, namalunga,

28bathi kuye: Lokhu ukwenza ngagunya lini na? Ngubani okunike leli gunya ukuze wenze lokhu na?

29Kepha uJesu wathi kubo: Ngizakunibuza izwi libe linye, nize ningiphendule; yikhona ngizakunitshela ukuthi ngenza lokhu ngagunya lini.

30Ukubhapathiza kukaJohane kwavela ezulwini noma kubantu na? Ngiphenduleni.

31Bakhulumisana bodwa, bathi: Uma sithi: Ezulwini, uzakuthi: Pho, anikholwanga nguye ngani na?

32Kepha uma sithi: Kubantu, besaba isixuku, ngokuba bonke bathi uJohane ungumprofethi impela.

33Base bemphendula uJesu, bathi: Asazi. Wayesethi uJesu kubo: Nami anginitsheli ukuthi ngenza lokhu ngagunya lini.

## NgokukaMarku 12

### Umfanekiso wabalimi besivini

(Math. 21:33; Luk. 20:9)

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

1 Wayeseqala ukukhuluma kubo ngemifanekiso, ethi: Umuntu watshala isivini, wasibiyela ngothango, wemba isikhamo, wakha isiqongo sokulinda, wasiqashisa kubalimi, waya kwelinye izwe.

2 Ngenkathi efaneleyo wayesethuma inceku kubalimi ukuba ithathe kubalimi ezithelweni zesivini.

3 Bayibamba, bayishaya, bayimukisa ze.

4 Waphinda wathuma kubo enye inceku; yona bayilimaza ekhanda, bayithuka.

5 Wathuma enye futhi; yona bayibulala, nezinye eziningi: ezinye bazishaya, ezinye bazibulala.

6 Kwase kusele umuntu munye, indodana ethandekayo; yona wayithuma kubo ekugcineni, ethi: Bayakuyazisa indodana yami.

7 Kepha labo balimi bakhuluma bodwa, bathi: Lo uyindlalifa; wozani siyibulale, ifa libe ngelethu.

8 Base beyibamba bayibulala, bayiphonsa ngaphandle kwesivini.

9 Uzakwenzani umninisivini na? Uzakuza, ababhubhise labo balimi, isivini asinike abanye.

10 Aniwufundanga yini lo mbhalo othi: Itshe abalinqabayo abakhi lona laba yinhloko yegumbi;

11 lona lavela eNkosini; liyisimangaliso emehlweni ethu, na?

12 Base befuna ukumbamba, kepha besaba isixuku; ngokuba bazi ukuthi ukhulume lo mfanekiso ngabo. Base bemshiya bamuka.

**Intela kaKesari**

(Math. 22:15; Luk. 20:19)

13 Khona abanye babaFarisi nabakaHerode bathunyelwa kuye ukuba bamhile ngezwi.

14 Beza bathi kuye: Mfundisi, siyazi ukuthi uqinisile nokuthi awukhathali ngamuntu, ngokuba awubheki ubuso babantu, kodwa indlela kaNkulunkulu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

uyifundisa ngeqiniso. Kuvunyelwe ukuthela kuKesari noma qha? Sithele nokuba singatheli na?

15Kepha yena ekwazi ukuzenzisa kwabo wathi kubo: Ningilingelani na? Lethani kimi udenariyu, ngimbone.

16Bamletha. Wayesethi kubo: Ngokabani lo mfanekiso nalo mbhalo na? Bathi kuye: NgokaKesari.

17UJesu wathi kubo: Nikani uKesari okukaKesari, noNkulunkulu okukaNkulunkulu. Bamangala ngaye.

### Ukuvuka kwabafileyo
(Math. 22:23; Luk. 20:27)

18Khona kwafika kuye abaSadusi abathi akukho ukuvuka kwabafileyo, bambuza bathi:

19 Mfundisi, uMose wasilobela ukuthi, uma kufa umfowabo womuntu, eshiya umkakhe engashiyi mntwana, umfowabo makamthathe umkakhe, amvusele umfowabo inzalo.

20Kwakukhona izelamani eziyisikhombisa, owokuqala wathatha umfazi; wafa engashiyanga nzalo.

21Nowesibili wamthatha; naye wafa engashiyanga nzalo; kanjalo nowesithathu.

22Abayisikhombisa kabashiyanga nzalo. Ekugcineni kwabo bonke kwafa nomfazi.

23Ekuvukeni mhla bevukayo uyakuba ngumkabani kubo, lokhu abayisikhombisa babe naye engumkabo, na?

24UJesu wathi kubo: Angithi nidukile ngenxa yokuba ningayazi imibhalo namandla kaNkulunkulu na?

25Ngokuba mhla bevuka kwabafileyo abaganwa, abendiswa, kodwa banjengezingelosi ezulwini.

26 Kepha maqondana nabafileyo ukuthi bayavuswa anifundanga yini encwadini kaMose ngesihlahla ukuthi uNkulunkulu wakhuluma kuye, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

NginguNkulunkulu ka-Abrahama, noNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe, na?

27 Akasiye uNkulunkulu wabafileyo kodwa owabaphilayo. Nidukile kakhulu.

### Umyalo wokuqala
(Math. 22:34)

28Kwase kusondela omunye wababhali owayebezwile bebuzana, eqonda ukuthi wayebaphendule kahle, wambuza wathi: Ngumuphi umyalo wokuqala kuyo yonke na?

29 UJesu waphendula wathi: Owokuqala ngowokuthi: Yizwa, iNkosi uNkulunkulu wethu, iNkosi, yinye.

30Woyithanda iNkosi, uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho, nangawo onke amandla akho.

31 Owesibili yilo: Womthanda umakhelwame wakho njengalokhu uzithanda wena. Awukho omunye umyalo omkhulu kunale.

32 Umbhali wayesethi kuye: Yebo, Mfundisi, ushilo ngeqiniso ukuthi yinye, ayikho enye ngaphandle kwayo;

33 futhi ukuyithanda yona ngenhliziyo yonke, nangengqondo yonke, nangamandla onke, nokuthanda umakhelwane njengalokhu umuntu ezithanda yena kudlula yonke iminikelo yokushiswa nemihlatshelo.

34UJesu embona ukuthi uphendule ngokuqonda, wathi kuye: Awukude nombuso kaNkulunkulu. Akwabe kusabakho onesibindi sokumbuza.

### UMesiya nemvelo yakhe
(Math. 22:41; Luk. 20:41)

35Khona uJesu efundisa ethempelini wabuza wathi: Basho kanjani ababhali ukuthi uKristu uyindodana kaDavide na?

36 UDavide uqobo lwakhe washo ngoMoya oNgcwele ukuthi: INkosi yathi eNkosini yami: Hlala ngakwesokunene sami, ngize ngibeke izitha zakho phansi kwezinyawo zakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37 UDavide uqobo lwakhe umbiza ngokuthi iNkosi. Pho, uyindodana yakhe kanjani na?

### Ukusolwa kwababhali

(Math. 23: 1; Luk. 20: 45)

Isixuku esikhulu sasimuzwa ngokujabula.

38Ekufundiseni kwakhe wathi: Xwayani ababhali abathanda ukuhamba bembethe izingubo ezinde, nokubingelelwa ezigcawini,

39nezihlalo eziphambili emasinagogeni, nezindawo ezingenhla ekudleni,

40abadla izindlu zabafelokazi, bekhuleka isikhathi eside ngokuzenzisa; laba bayakwamukeliswa ukulahlwa okukhulu.

### Umnikelo womfelokazi

(Luk. 21:1)

41Wayesehlala phansi maqondana nomphongolo womnikelo, wabuka isixuku sibeka umnikelo emphongolweni. Abaningi abacebileyo babeka kakhulu.

42Kwase kufika umfelokazi ompofu wabeka amafadingi amabili okuyisitebela.

43Wayesebabiza abafundi bakhe, wathi kubo: Ngiqinisile ngithi kini: Lo mfelokazi ompofu ubekile kakhulu kunabo bonke ababeke emphongolweni,

44ngokuba bonke babeka kokuchichimileyo kwabo, kepha yena ebumpofini bakhe ubeke konke anakho, konke abephila ngakho.

## NgokukaMarku 13

### Ukuchithwa kweJerusalema nokufika kweNdodana yomuntu

(Math. 24:1; Luk. 21:5)

1Kuthe ephuma ethempelini, omunye wabafundi bakhe wathi kuye: Mfundisi, bheka amatshe anjani nezakhiwo ezinjani!

2 UJesu wathi kuye: Uyabona lezi zakhiwo ezinkulu na? Akuyikushiywa itshe phezu kwetshe elingayikudilizelwa phansi.

3Esahlezi eNtabeni Yeminqumo maqondana nethempeli, oPetru noJakobe noJohane no-Andreya bambuza bebodwa,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4bathi: Sitshele ukuthi lokhu kuyakuba nini, nesibonakaliso siyakuba yini, lapho sekuyakufezeka konke lokhu, na?

5Khona uJesu waqala ukukhuluma kubo, ethi: Qaphelani ningadukiswa muntu.

6Kuyakuza abaningi ngegama lami, bathi: Nginguye, badukise abaningi.

7Nxa nizwa izimpi namahemuhemu ezimpi, ningethuki; kumelwe ukuba kwenzeke, kepha ukuphela koba kungakafiki.

8Ngokuba isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso; kuyakuba khona ukuzamazama komhlaba izindawo ngezindawo, kube khona indlala; lokhu kungukuqala kwemihelo.

9 Kepha ziqapheleni nina. Bayakunikhaphela emiphakathini; niyakushaywa emasinagogeni; niyakumiswa phambi kwababusi namakhosi ngenxa yami, kube ngubufakazi kubo.

10Kepha ivangeli limelwe ukushunyayelwa kuqala ezizweni zonke.

11 Uma beniqhuba, benikhaphela, ningakhathaleli ngaphambili eniyakukukhuluma, kodwa lokho eniyakukunikwa ngaleso sikhathi, kukhulumeni; ngokuba kakunina enikhulumayo kodwa nguMoya oNgcwele.

12 Khona umuntu uyakukhaphela umfowabo ekufeni noyise umntanakhe, yebo, abantwana bayakuvukela abazali babo, bababulale.

13Niyakuzondwa yibo bonke ngenxa yegama lami, kodwa okhuthazelayo kuze kube sekupheleni nguyena oyakusindiswa.

14 Kepha nxa nibona amanyala encithakalo emi lapho kungafanele khona -- ofundayo makaqaphele -- khona abaseJudiya mababalekele ezintabeni,

15ophezu kwendlu angehli, angangeni ukuyothatha utho endlini yakhe,

16osensimini angabuyeli emuva ukuyothatha ingubo yakhe.

17Kepha maye kwabakhulelweyo nabancelisayo ngalezo zinsuku!

18Khulekani ukuba kungabi sebusika.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Ngokuba lezo zinsuku ziyakuba nosizi olungazange lube khona olunjalo kwasekuqaleni kokudalwa akudalayo uNkulunkulu kuze kube manje, nolungasayikuba khona.

20 Uma iNkosi ibingazifinyezi lezo zinsuku, bekungesindiswe muntu, kepha ngenxa yabakhethiweyo eyabakhetha yazifinyeza lezo zinsuku.

21 Khona-ke uma umuntu ethi kini: Bhekani, nangu uKristu, noma: Bhekani, nanguya, ningakholwa.

22 Ngokuba kuyakuvela okristu bamanga nabaprofethi bamanga, benze izibonakaliso nezimangaliso, ukuze badukise abakhethiweyo, uma kungenzeka.

23 Kepha qaphelani nina; senginitshele konke ngaphambili.

24 Kodwa ngalezo zinsuku emva kwalolo sizi ilanga liyakufiphazwa, nenyanga ayiyikukhanya,

25 nezinkanyezi ziyakuwa ezulwini, namandla asezulwini ayakuzanyazanyiswa.

26 Khona-ke bayakubona iNdodana yomuntu iza emafwini, inamandla amakhulu nenkazimulo.

27 Lapho iyakuthuma izingelosi, iqoqe abakhethiweyo bayo emimoyeni yomine, kusukela emkhawulweni womhlaba kuze kube semkhawulweni wezulu.

28 Fundani umfanekiso emkhiwaneni; nxa igatsha lawo selithamba, lihlume amaqabunga, niyazi ukuthi ihlobo seliseduze.

29 Kanjalo nani, nxa nibona lokhu kwenzeka, yazini ukuthi iseduze ngasemnyango.

30 Ngiqinisile ngithi kini: Lesi sizukulwane asiyikudlula, kungakenzeki konke lokhu.

31 Kuyakudlula izulu nomhlaba, kepha amazwi ami awayikudlula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32 Kepha lolo suku nalelo hora akakho owazi lutho ngalo, nazingelosi ezulwini, naNdodana, nguBaba kuphela.

33Qaphelani, nilinde, ngokuba anisazi isikhathi ukuthi siyakuba nini.

34Kunjengomuntu owahambela kwelinye izwe; washiya indlu yakhe, wanika izinceku zakhe amandla, yileyo naleyo wayinika umsebenzi wayo, wayala umlindisango ukuba alinde.

35 Ngakho lindani, ngokuba anazi ukuthi inkosi yendlu iyakufika nini, noma ngokuhlwa, noma phakathi kobusuku, noma ngokukhala kwezinkuku, noma ekuseni,

36funa ifike ngokuzuma, inifumane nilele.

37Kepha lokhu engikusho kini ngikusho kubo bonke, ngithi: Lindani.

## NgokukaMarku 14

### Jesu ugcotshwa eBethaniya

(Math. 26:1, 6; Luk. 22:1; Joh. 12:1)

1Emva kwezinsuku ezimbili kwaba khona iPhasika nomkhosi wesinkwa esingenamvubelo; abapristi abakhulu nababhali bafuna isu lokumbamba ngobuqili, bambulale.

2Ngakho bathi: Makungabi ngomkhosi, kungaze kube khona isiyaluyalu esizweni.

3Kwathi eseBethaniya endlini kaSimoni owayenochoko, ehlezi ekudleni, kwafika owesifazane ephethe umfuma we-alabaste wamafutha enadi lodwa elibiza kakhulu; wachoboza umfuma wathela amafutha ekhanda lakhe.

4Kepha kwakukhona abanye abakhuluma bodwa ngokuthukuthela, bethi: Kwenzelweni lokho kuchithwa kwamafutha na?

5Ngokuba lawa mafutha nga ethengisiwe ngawodenariyu abangaphezu kwamakhulu amathathu, kwaphiwa abampofu. Bamthukuthelela kakhulu.

6Kepha uJesu wathi: Myekeni; nimhluphelani na? Usebenzile umsebenzi omuhle kimi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7Ngokuba abampofu ninabo njalo; nanini, uma nithanda, ningabenzela okuhle: kepha mina aninami njalo.

8Wenzile abengakwenza; wandulele ukuwugcobela umzimba wami ukumbelwa.

9Ngiqinisile ngithi kini: Nomaphi lapho liyakushunyayelwa khona ivangeli ezweni lonke, kuyakukhulunywa nangalokho akwenzileyo, kube yisikhumbuzo ngaye.

### Umvuzo wokumkhaphela uJesu

(Math. 26:14; Luk. 22:3)

10UJuda Iskariyothe, omunye wabayishumi nambili, wayeseya kubapristi abakhulu ukuba amkhaphele kubo.

11Sebezwile bathokoza, bathembisa ukumnika imali. Wayesefuna ithuba lokumkhaphela.

### Ukumiswa kwesidlo esingcwele

(Math. 26:17; Luk. 22:7; Joh. 13:21)

12 Ngosuku lokuqala lwesinkwa esingenamvubelo okwakuhlatshwa ngalo iphasika abafundi bakhe bathi kuye: Uthanda ukuba siye silungiselephi ukuba udle iphasika na?

13Wayesethuma ababili kubafundi bakhe, wathi kubo: Hambani niye emzini; khona nizakuhlangana nomuntu othwele imbiza yamanzi; mlandeleni.

14Lapho engena khona, anothi kumninindlu: Uthi uMfundisi: Iphi indlu yami, lapho ngingadlela khona iphasika nabafundi bami, na?

15Yena uzakunikhombisa ikamelo elikhulu eliphezulu, elendlelweyo, lilungisiwe; silungiseleni khona.

16Bahamba abafundi bafika emzini, bafumana kunjengokusho kwakhe kubo; base belungisa iphasika.

17Kusihlwa wafika nabayishumi nambili.

18 Sebehlezi ekudleni, uJesu wathi: Ngiqinisile ngithi kini: Omunye kini, odla nami, uzakungikhaphela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Baqala ukudabuka, bathi kuye ngamunye: Kungaba yimi na?

20Wathi kubo: Ngomunye wabayishumi nambili, okha kanye nami esitsheni.

21INdodana yomuntu iyamuka kambe njengokulotshiwe ngayo, kepha maye kulowo muntu iNdodana yomuntu ekhashelwa ngaye! Nga kukuhle kulowo muntu ukuba kazalwanga.

22 Kwathi besadla, uJesu wathabatha isinkwa, wasibusisa, wasihlephula, wabanika, wathi: Thabathani nidle; lokhu kungumzimba wami.

23Wayesethabatha isitsha, wabonga, wabanika; baphuza kuso bonke.

24 Wathi kubo: Lokhu kuyigazi lami lesivumelwano elithululwa ngenxa yabaningi.

25Ngiqinisile ngithi kini: Angisayikuphuza okwesithelo somvini, kuze kufike lolo suku engiyakusiphuza ngalo sisisha embusweni kaNkulunkulu.

26Kwathi sebehlabelele igama lokubonga, baphuma baya eNtabeni Yeminqumo.

27 UJesu wathi kubo: Nonke nizakukhubeka, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Ngiyakushaya umalusi, izimvu zihlakazeke.

28Kepha emva kokuvuswa kwami ngiyakunandulela ukuya eGalile.

29UPetru wathi kuye: Noma beyakukhubeka bonke, hhayi mina.

30UJesu wathi kuye: Ngiqinisile ngithi kuwe: Namhlanje ngalobu busuku, lingakakhali kabili iqhude, uzakungiphika kathathu.

31Kepha waqinisa ngamandla, wathi: Noma ngingaze ngife nawe, angisoze ngakuphika. Basho njalo bonke.

### EGetsemane

(Math. 26:36; Luk. 22:39)

32Bafika endaweni ethiwa iGetsemane; wathi kubafundi bakhe: Hlalani lapha, ngisaya kukhuleka.

33Wathatha oPetru noJakobe noJohane, waqala ukuba novalo nosizi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34 Wathi kubo: Umphefumulo wami ulusizi kakhulu kuze kube sekufeni; hlalani lapha, nilinde.

35 Waqhubeka ingcosana, wawa phansi, wakhuleka ukuba, uma kungenzeka, kudlule kuye lo mzuzu.

36 Wathi: Aba, Baba, konke kungenzeka kuwe; ake ususe kimi lesi sitsha, kepha kungabi njengokuba ngithanda mina, kodwa njengokuba uthanda wena.

37 Wayeseza, wabafumana belele; wathi kuPetru: Simoni, ulele na? Ubungelinde ihora libe linye na?

38 Lindani, nikhuleke ukuba ningangeni ekulingweni; umoya uyavuma, kepha inyama ibuthakathaka.

39 Wabuye wasuka waya kukhuleka, esho lona lelo zwi.

40 Esebuya futhi wabafumana belele, ngokuba amehlo abo ayenzima; babengazi ukuthi bazakumphendula ngokuthini.

41 Weza ngokwesithathu, wathi kubo: Nisalele namanje niphumula. Kwanele, ihora lifikile; bhekani, iNdodana yomuntu isiyakhashelwa ezandleni zezoni.

42 Sukumani sihambe. Bhekani, ongikhaphelayo usesondele.

**Ukuboshwa kukaJesu nokuthethwa kwecala phambi kompristi omkhulu**

(Math. 26:47; Luk. 22:47; Joh. 18:2)

43 Khona masinyane esakhuluma, kwafika uJuda, omunye wabayishumi nambili, enesixuku esinezinkemba nezinduku, sivela kubapristi abakhulu nababhali namalunga.

44 Kepha omkhaphelayo wayebanike isiboniso sokuthi: Lowo engiyakumanga, nguye; mbambeni, nihambe naye, nimqinise.

45 Esefikile wasondela kuye masinyane, wathi: Rabi! Wamanga.

46 Base bembeka izandla, bambamba.

47 Omunye kwababemi khona wahosha inkemba, wayigenca inceku yompristi omkhulu, wayinquma indlebe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

48UJesu wathatha wathi kubo: Niphumile kungathi nize kumphangi, niphethe izinkemba nezinduku ukungibamba.

49Benginani imihla ngemihla ethempelini ngifundisa, anangibamba; kepha nga kugcwaliseka imibhalo.

50Bamshiya bonke, babaleka.

51Insizwa ethile yamlandela yembethe indwangu nje emzimbeni; bayibamba.

52Yayisiyishiya indwangu, yabaleka ze.

53Base bemusa uJesu kumpristi omkhulu; kwabuthana bonke abapristi abakhulu namalunga nababhali.

54UPetru wamlandela ekude, waze wangena egcekeni lompristi omkhulu; wayehlezi kanye nezikhonzi otha umlilo.

55Abapristi abakhulu nomphakathi wonke bafuna ubufakazi ngoJesu ukuba bambulale, kepha ababufumananga.

56Ngokuba abaningi bafakaza amanga ngaye, kepha ubufakazi babo abuhlangananga.

57Kwasukuma abathile, bafakaza amanga ngaye, bathi:

58 Thina simzwile ethi: Ngiyakulidiliza leli thempeli elenziwe ngezandla, ngakhe ngezinsuku ezintathu elinye elingenziwe ngezandla.

59Nakuba kunjalo ubufakazi babo abuhlangananga.

60Kwase kusukuma umpristi omkhulu phakathi kwabo, wambuza uJesu, wathi: Awuphenduli lutho na? Kuyini abakufakaza ngawe laba na?

61Kepha wathula, akaphendula lutho. Umpristi omkhulu wabuye wambuza, wathi kuye: UnguKristu, iNdodana yoBongekayo na?

62 Wathi uJesu: Nginguye. Niyakubona iNdodana yomuntu ihlezi ngakwesokunene saMandla, iza ngamafu ezulu.

63Khona umpristi omkhulu waklebhula izingubo zakhe, wathi: Sisaswelelani ofakazi na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

64Senikuzwile ukuhlambalaza; nithini na? Bamlahla bonke ngokuthi ufanele ukufa.

65Abanye base beqala ukumkhafulela ngamathe nokumgubuzela ubuso nokumdushuza, bathi kuye: Profetha. Nezikhonzi zamthatha zammukula.

### Ukuphika kukaPetru

(Math. 26:69; Luk. 22:54; Joh. 18:17, 25)

66UPetru esesegcekeni ngaphansi, kwafika enye yamantombazana ompristi omkhulu,

67yambona uPetru otha, yambheka, yathi: Nawe ubunoJesu waseNazaretha.

68Kepha waphika wathi: Angikwazi, yebo, angikuzwisisi okushoyo; waphumela enkundleni; lakhala iqhude.

69Intombazana imbona yabuye yaqala ukusho kwababemi khona ukuthi: Lona ungomunye wabo.

70Kepha waphinda waphika. Emva kwesikhashana futhi ababemi khona bathi kuPetru: Nempela ungomunye wabo, ngokuba ungowaseGalile.

71Wayeseqala ukuthuka nokufunga, ethi: Angimazi lowo muntu enikhuluma ngaye.

72Lase likhala masinyane iqhude ngokwesibili. UPetru wayesekhumbula izwi abelishilo kuye uJesu lokuthi: Iqhude lingakakhali kabili, uzakungiphika kathathu; wakhala nokukhala izinyembezi.

## NgokukaMarku 15

### UJesu ephambi kukaPilatu

(Math. 27:1; Luk. 23:1; Joh. 18:28)

1Kwathi masinyane ekuseni abapristi abakhulu namalunga nababhali nomphakathi wonke benza icebo, bambopha uJesu, bamqhuba, bamnikela kuPilatu.

2UPilatu wambuza wathi: Wena uyinkosi yabaJuda na? Waphendula, wathi kuye: Usho khona.

3Abapristi abakhulu bammangalela ngokuningi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4UPilatu wabuye wambuza, wathi: Awuphenduli lutho na? Bheka, bakuthwesa icala ngokuningi kangaka.

5Kodwa uJesu akabe esaphendula lutho, waze wamangala uPilatu.

6Kwathi ngomkhosi wayehleze ebakhululela isiboshwa sibe sinye abasicelayo.

7Kwakukhona-ke omunye, nguBaraba igama lakhe, owayeboshiwe kanye namahlubuka; wona ayebulele umuntu ekuhlubukeni.

8Isixuku senyuka, saqala ukucela ukuba abenzele njengalokho ebehleze ebenzela.

9Kepha uPilatu wabaphendula wathi: Nithanda ukuba nginikhululele inkosi yabaJuda na?

10Ngokuba wayekwazi ukuthi abapristi abakhulu bamnikele ngomhawu.

11Kepha abapristi abakhulu babhebhezela isixuku ukuba okungcono asikhululele uBaraba.

12UPilatu wabuye waphendula, wathi kubo: Pho-ke, ngimenzenjani lo enithi uyinkosi yabaJuda na?

13Babuye bamemeza, bathi: Mbethele esiphambanweni!

14Kodwa uPilatu wathi kubo: Ngokuba wenze bubi buni na? Kepha bamemeza kakhulu, bathi: Mbethele esiphambanweni!

15Khona uPilatu ethanda ukudelisa isixuku wasikhululela uBaraba, kepha wamshaya uJesu, wamnikela ukuba abethelwe esiphambanweni.

16Amabutho ayesemngenisa phakathi endlini ethiwa iPretoriyu, abizela ndawonye ibutho lonke.

17Ayesemembathisa ingubo ebubende, amcwashelisa ngomqhele ayeweluke ngameva.

18Aqala ukumkhulekela, athi: Bayede, nkosi yabaJuda!

19Amshaya ekhanda ngomhlanga, amkhafulela ngamathe, aguqa ngamadolo, akhuleka kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20Esembhinqile amhlubula ingubo ebubende, amembathisa izingubo zakhe.
Ayesephuma naye ukuba ambethele esiphambanweni.

21Acindezela umuntu obedlula, uSimoni waseKhurene, evela endle, uyise ka-
Aleksandru noRufu, ukuba athwale isiphambano sakhe.

### UJesu esesiphambanweni

(Math. 27:33; Luk. 23:26; Joh. 19:17)

22Ayesemyisa endaweni yaseGolgotha okungukuthi ngokuhunyushwa iNdawo
Yekhanda.

23 Amnika iwayini elixutshwe nemure; kepha akalamukelanga.

24 Ayesembethela esiphambanweni, abelana izingubo zakhe, enzelana inkatho
ngazo ukuthi yilowo nalowo uyakuthathani.

25Kwakuyihora lesithathu esembethela esiphambanweni.

26Umbhalo wecala lakhe ubulotshiwe ngaphezulu wokuthi: INKOSI
YABAJUDA.

27Kwabethelwa kanye naye abaphangi ababili, omunye ngakwesokunene
nomunye ngakwesokhohlo sakhe.

28Kwase kugcwaliseka umbhalo othi: Wabalwa kanye naboni.

29Abadlulayo bamhlambalaza benikina amakhanda abo, bathi: Eya wena
odiliza ithempeli, ubuye ulakhe ngezinsuku ezintathu;

30zisindise, wehle esiphambanweni.

31Kanjalo nabapristi abakhulu bambhinqa bebodwa kanye nababhali, bathi:
Wasindisa abanye, angezisindise yena.

32UKristu, iNkosi yakwa-Israyeli, makehle manje esiphambanweni, ukuze
sibone, sikholwe. Nababebethelwe kanye naye bamdumaza.

33Sekufikile ihora lesithupha kwaba mnyama emhlabeni wonke, kwaze kwaba
yihora lesishiyagalolunye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34Ngehora lesishiyagalolunye uJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Eloi, Eloi, lama sabaktani? okungukuthi ngokuhunyushwa: Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?

35Abanye kwababemi khona bekuzwa bathi: Bheka, ubiza u-Eliya.

36Wayesegijima omunye, wagcwalisa ilula ngoviniga, walichoma emhlangeni, wamphuzisa, wathi: Yekani, sibone uma u-Eliya eza ukumehlisa.

37UJesu wayesememeza ngezwi elikhulu, wafa.

38 Khona isihenqo sethempeli sadabuka kabili, kusukela phezulu kuze kufike phansi.

39Kepha induna yekhulu eyayimi maqondana naye imbona efa ngokunjalo, yathi: Nempela lo muntu ube yiNdodana kaNkulunkulu.

40Kwakukhona nabesifazane bebukela, bekude; phakathi kwabo kwakukhona noMariya Magdalena, noMariya unina kaJakobe omncane nokaJose, kanye noSalome

41ababemlandela eseseGalile, bemkhonza, nabanye abesifazane abaningi abenyukela naye eJerusalema.

**Ukumbelwa kukaJesu**

(Math. 27:57; Luk. 23:50; Joh. 19:38)

42Kwathi ukuba kuhlwe, ngokuba kwakulusuku lokulungisela okungukuthi olwandulela isabatha,

43kwafika uJosefa wase-Arimatheya, ilunga elidumileyo lomphakathi, owayewubheka naye umbuso kaNkulunkulu; wangena ngesibindi kuPilatu, wacela isidumbu sikaJesu.

44Kepha uPilatu wamangala ngokuthi ngabe usefile, wabiza induna yekhulu, wabuza kuyo ukuthi sekukade efile na?

45Esezwile enduneni yekhulu wamnika uJosefa isidumbu.

46Wathenga indwangu enhle, wamehlisa, wamsonga ngaleyo ndwangu, wambeka ethuneni elaliqoshwe edwaleni, wagingqela itshe emnyango wethuna.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

47OMariya Magdalena noMariya unina kaJose babona lapho abekwa khona.

## NgokukaMarku 16

### Ukuvuka kukaJesu

(Math. 28:1; Luk. 24:1; Joh. 20:1)

1Selidlulile isabatha, oMariya Magdalena, noMariya unina kaJakobe, noSalome bathenga amakha ukuba beze bamgcobe.

2Ekuseni kakhulu ngosuku lokuqala lweviki beza ethuneni ekuphumeni kwelanga.

3Bakhuluma bodwa, bathi: Ngubani oyakusigingqela itshe, lisuke emnyango wethuna na?

4Bathi ukubheka, babona ukuthi itshe seligingqiwe; ngokuba lalilikhulu kakhulu.

5Kuthe bengena ethuneni, babona insizwa ihlezi ngakwesokunene yembethe ingubo ende emhlophe; bethuka.

6Kepha yathi kubo: Ningethuki; nifuna uJesu waseNazaretha obebethelwe esiphambanweni; uvukile; kakho lapha; bhekani nansi indawo lapho bebembeke khona.

7 Kodwa hambani nitshele abafundi bakhe kanye noPetru ukuthi uyanandulela ukuya eGalile; nizakumbona lapho, njengalokho eshilo kini.

8Base bephuma, babaleka ethuneni, ngokuba babefikelwe ngukuthuthumela nokumangala, kabashongo lutho kumuntu, ngokuba babesaba.

### Ukuzibonakalisa kukaJesu emva kokuvuka kwakhe nokukhuphukela kwakhe ezulwini

9 Esevukile, kusekuseni ngosuku lokuqala lweviki, wabonakala kuqala kuMariya Magdalena ayekhiphe kuye amademoni ayisikhombisa.

10Yena wahamba wababikela labo ababe naye uJesu, besalila bekhala.

11Kwathi bona sebezwile ukuthi uyaphila nokuthi uboniwe nguye, abaze bakholwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Emva kwalokho wabonakala ngesinye isimo kwababili kubo behamba beya emaphandleni.

13 Nabo bahamba babikela abanye; nalabo abaze bakholwa.

14 Ngasemuva wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa kwabo nangobulukhuni benhliziyo yabo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambonileyo esevukile.

15 Wayesethi kubo: Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.

16 Okholwayo abhapathizwe uyakusindiswa, kepha ongakholwayo uyakulahlwa.

17 Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: ngegama lami bayakukhipha amademoni, bashumayele ngezilimi ezintsha,

18 baphathe izinyoka; uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba nangozi; bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, basinde.

19 Njalo-ke iNkosi uJesu isikhulumile kubo yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

20 Kepha bona bephuma bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo, iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

# NgokukaLuka

## NgokukaLuka 1

### Isingeniso
(IzE. 1:1)

1 Njengokuba abaningi sebezamile ukulanda ngokuhlelekile ngalezo zindaba ezigcwaliseke phakathi kwethu,

2 njengalokho basinika zona labo ababekhona kwasekuqaleni, bezibonela ngamehlo, beyizikhonzi zezwi,

3 kwasengathi kuhle nakimina, lokhu ngizihlolisisile zonke izinto, kusukela ekuqaleni, ngikulobele ngokulandelana, Theyofilu odumileyo,

4 ukuze wazi ukuqiniseka kwalezo zindaba ozifundisiweyo.

### Ukuzalwa kukaJohane nokukaJesu kuyabikezelwa

5 Emihleni kaHerode inkosi yaseJudiya kwakukhona umpristi othile ogama lakhe nguZakariya, esigabeni sika-Abiya, nomkakhe engowamadodakazi ka-Aroni, igama lakhe ngu-Elisabethe.

6 Babelungile bobabili phambi kukaNkulunkulu behamba ngayo yonke imiyalo nezimiso zeNkosi, bengasoleki.

7 Kepha babengenamntwana, ngokuba u-Elisabethe wayeyinyumba; bobabili base bekhulile.

8 Kwathi-ke esayenza inkonzo yobupristi phambi kukaNkulunkulu njengokuhlelwa kwesikhathi sesigaba sakubo,

9 ngokomthetho wobupristi kwaba nguye owabelwa ukungena ethempelini leNkosi, azoshisa impepho.

10 Isixuku sonke sabantu sasikhuleka ngaphandle ngesikhathi sempepho.

11 Kwabonakala kuye ingelosi yeNkosi imi ngakwesokunene se-altare lempepho.

12 UZakariya eyibona wethuka, wehlelwa luvalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Kepha ingelosi yathi kuye: Ungesabi, Zakariya, ngokuba isicelo sakho sizwakele; umkakho u-Elisabethe uzakukuzalela indodana, uyiqambe igama lokuthi uJohane.

14Uzakuba nokujabula nokuthokoza wena; nabaningi bazakujabula ngokuzalwa kwakhe.

15 Ngokuba uzakuba mkhulu emehlweni eNkosi; kasoze waphuza iwayini nophuzo oludakisayo; uzakugcwaliswa nguMoya oNgcwele esesesiswini sikanina.

16Abaningi kubantwana bakwa-Israyeli uyakubaphendulela eNkosini uNkulunkulu wabo.

17 Uyakuhamba ngaphambi kwayo emoyeni nasemandleni ka-Eliya ukuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana nabangalaleliyo ekuqondeni kwabalungileyo, ukulungisela iNkosi isizwe esilungiselweyo.

18UZakariya wathi engelosini: Ngiyakukwazi ngani lokhu na? Ingani sengiyindoda endala mina, nomkami uqhubekile ezinsukwini zakhe.

19 Ingelosi yaphendula, yathi kuye: NgingGabriyeli mina, omiyo phambi kukaNkulunkulu; ngithunyiwe ukuba ngikhulume kuwe, ngikubikele lezi zindaba ezinhle.

20Bheka-ke, uzakuba yisimungulu, ungakwazi ukukhuluma kuze kube lusuku okwenzeka ngalo lokhu, ngokuba ungakholwanga ngamazwi ami azakugcwaliseka ngesikhathi sawo.

21Abantu bemlindele uZakariya bamangala ngokulibala kwakhe ethempelini.

22Kuthe esephuma, wahluleka ukukhuluma kubo; bazi ukuthi ubone umbono ethempelini; wayelokhu ebaqhweba, wahlala eyisimungulu.

23Kwathi seziphelile izinsuku zokukhonza kwakhe, wamuka waya ekhaya.

24Kepha emva kwalezo zinsuku u-Elisabethe umkakhe wakhulelwa, wazifihla izinyanga eziyisihlanu, wathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

25 Yenze njalo iNkosi kimi emihleni eyangibheka ngayo ukususa ihlazo lami
phakathi kwabantu.

26Ngenyanga yesithupha ingelosi uGabriyeli yathunywa nguNkulunkulu
emzini waseGalile ogama lawo yiNazaretha,

27 entombini eyayimiselwe indoda ebizo layo nguJosefa wendlu kaDavide;
ibizo lentombi nguMariya.

28Yangena ingelosi kuye, yathi: E wena ophiwe umusa! INkosi inawe;
ubusisiwe esifazaneni.

29Kepha yena wethuka ngezwi layo ezindla ngokuthi kungaba ngukubingelela
kuni lokhu.

30Ingelosi yathi kuye: Ungesabi, Mariya, ngokuba ufumene umusa
kuNkulunkulu.

31 Bheka, uzakukhulelwa, uzale indodana, uyiqambe igama lokuthi uJesu.

32 Yena uyakuba mkhulu, athiwe iNdodana yoPhezukonke; iNkosi
uNkulunkulu iyakumnika isihlalo sobukhosi sikayise uDavide;

33 uyakuba yinkosi yendlu kaJakobe kuze kube phakade, nombuso wakhe
awuyikuba nakuphela.

34UMariya wathi engelosini: Lokhu kuyakwenzeka kanjani, njengokuba
ngingayazi indoda na?

35Ingelosi yaphendula, yathi kuye: UMoya oNgcwele uzakuza phezu kwakho,
amandla oPhezukonke akusibekele; ngakho-ke okungcwele okuzozalwa
kuzakuthiwa iNdodana kaNkulunkulu.

36Bheka, u-Elisabethe isihlobo sakho naye ukhulelwe indodana esemdala;
lena ngeyesithupha yakhe obethiwa inyumba.

37 Ngokuba akukho lutho olungenzeke kuNkulunkulu.

38UMariya wathi: Bheka, ngiyincekukazi yeNkosi; akube kimi njengezwi
lakho. Ingelosi yamuka kuye.

**Indumiso ka-Elisabethe nekaMariya**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

39Ngalezo zinsuku uMariya wasuka waya ngokushesha kwelezintaba emzini
wakwaJuda.

40Wangena endlini kaZakariya, wambingelela u-Elisabethe.

41Kwathi ukuba u-Elisabethe ezwe ukubingelela kukaMariya, umntwana
waxhuma esiswini sakhe; u-Elisabethe wagcwala uMoya oNgcwele,

42wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Ubusisiwe wena esifazaneni! Sibusisiwe
nesithelo sesisu sakho!

43Ngehlelwe kanjani yilokhu ukuba unina weNkosi yami ahambele kimi na?

44Ngokuba bheka, kuthe izwi lokubingelela kwakho lifika ezindlebeni zami,
umntwana waxhuma esiswini sami ngokujabula.

45Ubusisiwe owakholwayo, ngokuba kuzakuba khona ukufezeka kwalokho
akutshelwa, kuvela eNkosini.

46 Wayesethi uMariya: Umphefumulo wami uyayitusa Nkosi,

47nomoya wami uyathokoza kuNkulunkulu, uMsindisi wami,

48ngokuba ubhekile ubuphansi bencekukazi yakhe. Bheka, kusukela manje
izizukulwane zonke ziyakuthi ngibusisiwe.

49Ngokuba uSomandla ungenzele izinto ezinkulu: igama lakhe lingcwele.

50 Isihawu sakhe sikuzo izizukulwane ngezizukulwane kubo abamesabayo.

51 Wenzile amandla ngengalo yakhe; uchithile abazidlayo ekuzidleni
kwenhliziyo yabo.

52 Uwisile amakhosi ezihlalweni, uphakamisile abantukazana.

53Abalambileyo ubasuthisile ngezinto ezinhle, abacebileyo ubamukise ze.

54Uyisizile inceku yakhe u-Israyeli, ukuze akhumbule isihawu,

55 njengalokho akusho kokhokho bethu ku-Abrahama nenzalo yakhe kuze
kube phakade.

56UMariya wahlala naye kungathi izinyanga ezintathu, wabuyela ekhaya.

### Ukuzalwa kukaJohane. Indumiso kaZakariya

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

57Saphelela-ke isikhathi sika-Elisabethe sokuba abelethe; wazala indodana.

58Abakhelene naye nezihlobo zakhe bezwa ukuthi iNkosi yenze isihawu sayo
saba sikhulu kuye, bathokoza naye.

59 Kwathi ngosuku lwesishiyagalombili beza ukusoka umntwana, bamqamba
ngegama likayise uZakariya.

60Unina wayesephendula ethi: Qhabo, uzakuthiwa uJohane.

61Bathi kuye: Akakho noyedwa emndenini wakini obizwa ngalelo gama.

62Bamqhweba uyise ukuthi ufuna ukumqamba ngaliphi.

63Wabiza isileti, waloba ukuthi. NguJohane igama lakhe. Bamangala bonke.

64Kwase kuvuleka umlomo wakhe khona lapho nolimi lwakhe, wakhuluma
embonga uNkulunkulu.

65Bonke abakhelene nabo behlelwa ngukwesaba, bakhuluma ngazo zonke
lezo zindaba kulo lonke lezintaba laseJudiya,

66nabo bonke abazizwayo bazigcina ezinhliziyweni zabo, bethi: Kodwa lo
mntwana uyakuba yini na? Isandla seNkosi sasinaye.

67UZakariya uyise wagcwala uMoya oNgcwele, waprofetha wathi:

68 Mayibongwe iNkosi, uNkulunkulu ka-Israyeli, ngokuba ibahambele abantu
bayo, yabenzela inkululeko.

69 Yasivusela uphondo lwensindiso endlini kaDavide inceku yayo,

70njengalokho yakhuluma ngomlomo wabaprofethi bayo abangcwele
basendulo,

71insindiso ezitheni zethu nasesandleni sabo bonke abasizondayo,

72 ukwenzela okhokho bethu isihawu nokukhumbula isivumelwano sayo
esingcwele,

73 isifungo eyasifunga kubaba u-Abrahama,

74ukusinika ukuba sithi sikhululiwe esandleni sezitha zethu, siyikhonze
singenakwesaba

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

75ngobungcwele nangokulunga phambi kwayo zonke izinsuku zethu.

76 Nawe-ke mntwana, uyakuthiwa umprofethi woPhezukonke, ngokuba uyakuhamba phambi kweNkosi ukulungisa izindlela zayo

77ukunika abantu bayo ukuyazi insindiso ngokuthethelelwa kwezono zabo,

78 ngemisesane yesihawu sikaNkulunkulu wethu esizakuhanjelwa ngayo ngukusa kwaphezulu,

79ukubakhanyisela abahlezi ebumnyameni nasethunzini lokufa nokuqondisa izinyawo zethu endleleni yokuthula.

80Wakhula-ke umntwana, waba namandla emoyeni; wahlala ehlane kwaze kwaba lusuku lokubonakaliswa kwakhe ku-Israyeli.

## NgokukaLuka 2

### Ukuzalwa kukaJesu nokusokwa kwakhe

(Math. 1:18)

1Kwathi ngalezo zinsuku kwaphuma isimemezelo kuKesari Awugustu sokuba kubalwe izwe lonke.

2Lokhu kubalwa kokuqala kwenziwa uKhureniyu engumbusi waseSiriya.

3Bonke baya kubalwa, yilowo nalowo emzini wakubo.

4 Naye uJosefa wakhuphuka ephuma eGalile emzini waseNazaretha, waya eJudiya emzini kaDavide othiwa iBetlehema, ngokuba wayengowendlu nozalo lukaDavide,

5ukuyobalwa kanye noMariya owayemmiselwe ukuba abe ngumkakhe, ekhulelwe.

6Kwathi-ke beselapho, zaphelela izinsuku zokuba abelethe.

7Wazibula ngendodana, wayembesa, wayilalisa emkhombeni, ngokuba bantula indawo endlini yezihambi.

8Kwakukhona abelusi kulelo zwe ababehlezi endle, belinda umhlambi wabo ebusuku.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Ingelosi yeNkosi yema phambi kwabo, inkazimulo yeNkosi yabakhanyisa
nxazonke; besaba ngokwesaba okukhulu.

10Ingelosi yathi kubo: Ningesabi; ngokuba bhekani, nginibikela izindaba
ezinhle zokuthokoza okukhulu okuzakuba kubantu bonke,

11ukuthi nizalelwe namuhla uMsindisi onguKristu iNkosi emzini kaDavide.

12Nalokhu kuyisiboniso kini: niyakufumana umntwana embesiwe, elele
emkhombeni.

13Masinyane kwaba khona kanye nengelosi uquqaba lwebandla lasezulwini,
lumdumisa uNkulunkulu, luthi:

14 Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu, nokuthula emhlabeni kubantu
abathokozelwa nguye.

15Kwathi ukuba zimuke kubo izingelosi ziya ezulwini, abelusi bakhuluma
bodwa, bathi: Asihambe manje, size sifike eBetlehema, sibone leyo nto
eyenzekileyo iNkosi esazisile yona.

16Bephuthuma bafika, bafumanisa oMariya noJosefa, nomntwana olele
emkhombeni.

17Sebebonile balanda ngalelo zwi ababetshelwe lona ngalowo mntwana.

18Bonke abezwayo bamangala ngokukhulunywe kubo ngabelusi.

19Kepha uMariya wagcina onke lawo mazwi ezindla ngawo enhliziyweni
yakhe.

20Babuya-ke abelusi bemdumisa, bembonga uNkulunkulu ngakho konke
abakuzwileyo nabakubonileyo, njengalokho kwakukhulunyiwe kubo.

21 Kwathi seziphelile izinsuku eziyisishiyagalombili zokuba umntwana
asokwe, igama lakhe lathiwa uJesu, elaliqanjiwe yingelosi,
engakathatshathwa esiswini.

### OSimeyoni no-Ana

22 Kwathi ukuba kuphelele izinsuku zokuhlanjululwa kwabo ngokomthetho
kaMose, benyukela naye eJerusalema ukuba bammise phambi kweNkosi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 njengokulotshiwe emthethweni weNkosi ukuthi: Konke okwesilisa okuyizibulo kuyakuthiwa okwahlukaniselwe iNkosi ,

24 banikele ngomhlatshelo njengokushiwo emthethweni weNkosi: Amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba.

25Bheka, kwakukhona umuntu eJerusalema ogama lakhe linguSimeyoni; lo muntu wayelungile, emesaba uNkulunkulu, ebhekile induduzo ka-Israyeli; noMoya oNgcwele wayephezu kwakhe.

26Kwakubonakalisiwe kuye ngoMoya oNgcwele ukuthi akayikubona ukufa engakamboni uKristu weNkosi.

27Wafika ngoMoya ethempelini. Kwathi ukuba abazali balethe umntwana uJesu ethempelini ukuba benze kuye njengesiko lomthetho,

28wamamukela ngokumgona, wambonga uNkulunkulu, wathi:

29 Sale usumukisa ngokuthula inceku yakho, Somandla, njengezwi lakho,

30ngokuba amehlo ami abonile insindiso yakho

31oyilungisele ebusweni babantu bonke,

32 ukukhanya kokwambulela abezizwe nenkazimulo yesizwe sakho u-Israyeli.

33Uyise nonina bamangala ngalokho okukhulunywa ngaye.

34USimeyoni wababusisa, wathi kuMariya unina: Bheka, lo umiselwe ukuwa nokuvuka kwabaningi ku-Israyeli, nesibonakaliso esiphikwayo --

35yebo, inkemba iyakudabula nowakho umphefumulo -- ukuba kwambulwe izizindlo zezinhliziyo eziningi.

36Kwakukhona nomprofethikazi, u-Ana, indodakazi kaFanuweli, owesizwe sika-Aseri; wayesekhulile kakhulu, ebehlalile nendoda iminyaka eyisikhombisa emva kobuntombi bakhe,

37engumfelokazi waze waba neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nane, engasuki ethempelini, ekhonza ngokuzila nangokukhuleka ubusuku nemini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

38Naye-ke efika ngasona leso sikhathi wamtusa uNkulunkulu, wakhuluma ngaye kubo bonke ababebheke ukukhululwa kweJerusalema.

39Kwathi sebefeze konke okungokomthetho weNkosi babuyela eGalile emzini wakubo iNazaretha.

40Wakhula umntwana, waba namandla, wagcwala ukuhlakanipha; nomusa kaNkulunkulu wawuphezu kwakhe.

### Umntwana uJesu ethempelini eneminyaka eyishumi nambili

41 Abazali bakhe baya eJerusalema iminyaka yonke ngomkhosi wePhasika.

42Eseneminyaka eyishumi nambili, bakhuphuka njengokomthetho womkhosi.

43Sebeziqedile izinsuku, ekubuyeni kwabo, umntwana uJesu wasala eJerusalema, abazali bakhe bengazi.

44Bethi-ke bona uphakathi kwabahambisana nabo bahamba ibanga losuku, bamfuna phakathi kwezihlobo nabazana nabo.

45Bengamtholi babuyela eJerusalema, bemfuna.

46Kwathi emva kwezinsuku ezintathu bamfumana ethempelini ehlezi phakathi kwabafundisi, ebezwa, ebabuza.

47Bonke ababemuzwa bamangala ngokuqonda nangokuphendula kwakhe.

48Bathi bembona, bamangala; unina wathi kuye: Mntanami, usenzeleni okunje na? Bheka, uyihlo nami besikufuna silusizi.

49Wathi kubo: Kukanjani, beningifunelani na? Beningazi yini ukuthi kumelwe ukuba ngibe kokukaBaba na?

50Abaliqondanga lelo zwi abelikhuluma kubo.

51Wehla nabo, wafika eNazaretha, wabathobela. Kepha unina wawagcina onke lawa mazwi enhliziyweni yakhe.

52 UJesu waqhubeka ekuhlakanipheni, nasekukhuleni, nasemseni kuNkulunkulu nakubantu.

## NgokukaLuka 3

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Umsebenzi kaJohane uMbhapathizi. Ukubhapathizwa kukaJesu
(Math. 3:1; Mark. 1:1; Joh. 1:6, 19; Math. 3:13; Mark. 1:9)

1Kwathi ngomnyaka weshumi nanhlanu wokubusa kukaTiberiyu Kesari, uPontiyu Pilatu engumbusi waseJudiya, uHerode engumtetrarki waseGalile, uFiliphu umfowabo engumtetrarki wezwe lase-Itureya nelaseTrakhoniti, uLisaniya engumtetrarki wase-Abilene,

2 u-Anase engumpristi omkhulu noKayafase, kwafika izwi likaNkulunkulu kuJohane indodana kaZakariya ehlane.

3Weza ezweni lonke laseJordani eshumayela umbhapathizo wokuphenduka, kube ngukuthethelelwa kwezono,

4njengokuba kulotshiwe encwadini yamazwi ka-Isaya umprofethi ukuthi: Izwi lomemezayo ehlane, lithi: Lungisani indlela yeNkosi, nenze imikhondo yayo iqonde.

5Izigodi zonke ziyakugqitshwa, zonke izintaba namagquma kuyakwehliswa; kuqonde izinsongansonga, nemigoxigoxi ibe yizindlela ezilelezekile;

6inyama yonke izakubona insindiso kaNkulunkulu.

7 Ngakho-ke wathi ezixukwini ezaziphumela ukubhapathizwa nguye: Nzalo yezinyoka, ubani onibonise ukubalekela intukuthelo ezayo na?

8Ngakho vezani izithelo ezifanele ukuphenduka, ningaqali ukuthi phakathi kini: Sinobaba u-Abrahama; ngokuba ngithi kini: UNkulunkulu unamandla okumvusela u-Abrahama abantwana kulawa matshe.

9 Namanje izembe selibekiwe empandeni yemithi; ngakho yonke imithi engatheli isithelo esihle iyanqunywa, iphonswe emlilweni.

10Izixuku zambuza zathi: Pho, sizakwenzani na?

11 Waphendula, wathi kubo: Onezingubo ezimbili akamuphe ongenayo; naye onokudla enze njalo.

12Kwafika nabathelisi ukuba babhapathizwe, bathi kuye: Mfundisi, sizakwenzani na?

13Wathi kubo: Ningabizi lutho ngaphezu kwenikumiselweyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

14Namabutho ambuza athi: Thina-ke, sizakwenzani na? Wathi kuwo: Ningamuki muntu lutho ngendluzula, ningamxabheleli; yaneliswani yizinkokhelo zenu.

15Abantu besabhekile, bezindla bonke ezinhliziyweni zabo ngoJohane ukuthi ingabe unguKristu yini,

16 uJohane waphendula, wathi kubo bonke: Mina kambe nginibhapathiza ngamanzi, kepha uyeza onamandla kunami engingafanele ukuthukulula umchilo wezicathulo zakhe; yena uzakunibhapathiza ngoMoya oNgcwele nangomlilo;

17oqoma lakhe lokwela lisesandleni sakhe ukushanelisisa isibuya sakhe nokubuthela ukolweni enqolobaneni yakhe; kepha amakhoba uzakuwashisa ngomlilo ongacimekiyo.

18Nangokunye okuningi washumayela ivangeli kubantu, ebayala.

19 Kepha uHerode umtetrarki, esolwa nguye ngenxa kaHerodiya umkamfowabo nangenxa yakho konke okubi abekwenzile uHerode,

20wenezela nalokhu kokunye konke, wamvalela uJohane etilongweni.

21Kwathi bebhapathiziwe abantu bonke, naye uJesu esebhapathiziwe, ekhuleka, izulu lavuleka,

22uMoya oNgcwele enesimo somzimba njengejuba wehlela phezu kwakhe; kwavela izwi ezulwini, lithi: Wena uyiNdodana yami ethandekayo; ngithokozile ngawe.

**Izizukulwane zikaJesu**

(Math. 1:1)

23Yena uJesu, ukuqala kwakhe, wayeneminyaka engaba ngamashumi amathathu, eyindodana, njengokushiwoyo, kaJosefa ka-Eli

24kaMathati kaLevi kaMeliki kaJanayi kaJosefa

25kaMatathiya ka-Amose kaNahume ka-Eseli kaNagayi

26kaMati, kaMatathiya kaSemeyini kaJosefa kaJuda

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27kaJohanani kaResa kaZorobabeli kaSalatiyeli kaNeri

28kaMeliki ka-Adi kaKosamu ka-Elimadamu ka-Eri

29kaJose ka-Eliyezeri kaJorimi kaMathati kaLevi

30kaSimeyoni kaJuda kaJosefa kaJonamu ka-Eliyakimi

31kaMeleya kaMena kaMathata kaNathamu kaDavide

32 kaJesayi ka-Obede kaBowasi kaSala kaNasoni

33 ka-Aminadaba ka-Adameyini ka-Arani ka-Esiromu kaFaresi kaJuda

34 kaJakobe ka-Isaka ka-Abrabama kaThara kaNahori

35kaSeruki kaRagawu kaFaleki ka-Ebere kaSala

36kaKayinamu ka-Arfakisadi kaSemi kaNowa kaLameka

37kaMathusala ka-Enoke kaJarethi kaMaleleyeli kaKayinani

38 ka-Enose kaSeti ka-Adamu kaNkulunkulu.

## NgokukaLuka 4

### Ukulingwa kukaJesu

(Math. 4:1; Mark. 1:12)

1UJesu egcwele uMoya oNgcwele wabuya eJordani, waholekela ngoMoya
ehlane,

2 elingwa nguSathane izinsuku ezingamashumi amane. Akadlanga lutho
kulezo zinsuku; seziphelile, walamba.

3Wayesethi kuye uSathane: Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yisho kuleli tshe
ukuba libe yisinkwa.

4 UJesu wamphendula wathi: Kulotshiwe ukuthi: Akusinkwa sodwa umuntu
azakuphila ngaso.

5Esemenyusela entabeni ende wambonisa imibuso yonke yezwe
ngomzuzwanyana.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6USathane wathi kuye: Amandla onke lana ngokunika wena kanye nenkazimulo yawo, ngokuba inikwe mina, futhi ngiyinika noma ubani ngokuthanda kwami.

7Ngakho-ke wena, uma ukhuleka phambi kwami, konke kuzakuba ngokwakho.

8 UJesu waphendula, wathi kuye: Kulotshiwe ukuthi: Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa.

9Wayesemholela eJerusalema, wammisa esiqongweni sethempeli, wathi kuye: Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, ziphonse phansi lapha,

10ngokuba kulotshiwe ukuthi:

11 Uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe, zikulinde, nokuthi: Ziyakukuthwala ngezandla, ungaze waqhuzuka etsheni ngonyawo lwakho.

12 UJesu waphendula, wathi kuye: Kwathiwa: Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho.

13USathane eseqede ukulinga konke wamuka kuye isikhathi.

### UJesu udelelwa ngabaseNazaretha

(Math. 13:53; Mark. 6:1)

14UJesu wabuyela eGalile ngamandla kaMoya; udumo lwakhe lwanda kulo lonke izwe langakhona.

15Wafundisa emasinagogeni abo edunyiswa yibo bonke.

16Wafika eNazaretha, lapho wayondliwa khona, wangena esinagogeni ngosuku lwesabatha njengokwenza kwakhe, wasukumela ukufunda.

17Wanikwa incwadi ka-Isaya umprofethi, wayivula incwadi, wafumana indawo okulotshwe kuyo ukuthi:

18 UMoya weNkosi uphezu kwami, ngokuba ingigcobile ukuba ngishumayele ivangeli kwabampofu, ingithumele ukumemezela ukukhululwa kwabathunjiweyo, nokubona kwabayizimpumputhe, nokuhlenga abacindezelweyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 nokumemezela umnyaka omuhle weNkosi.

20Wayigoqonga incwadi, wayinika isikhonzi, wahlala; amehlo abo bonke
ababesesinagogeni amgqolozela.

21Waqala ukukhuluma kubo, ethi: Namhlanje ugcwalisekile lo mbhalo
ezindlebeni zenu.

22Bonke bamfakazela bemangala ngamazwi omusa aphuma emlonyeni
wakhe, bathi: Lo akasiyo indodana kaJosefa na?

23Wathi kubo: Nempela niyakusho kimi lesi saga sokuthi: Nyanga, zelaphe
wena. Lokho esikuzwile kwenziwa eKapernawume, kwenze nalapha ezweni
lakini.

24Wathi-ke: Ngiqinisile ngithi kini: Akukho mprofethi owamukelwa ezweni
lakubo.

25 Kepha ngempela ngithi kini: Kwakukhona kwa-Israyeli abafelokazi
abaningi emihleni ka-Eliya, lapho izulu lalivalekile iminyaka emithathu
nezinyanga eziyisithupha, kwaba khona indlala enkulu ezweni lonke;

26kepha u-Eliya kathunyelwanga nakoyedwa kubona, kuphela eSarepita
laseSidoni kowesifazane ongumfelokazi.

27Kwakukhona futhi kwa-Israyeli abanochoko abaningi ngesikhathi sika-
Elisha umprofethi; kepha akuhlanjululwanga namunye kubo, kuphela
uNayimani umSiriya.

28Bonke ababesesinagogeni bagcwala ulaka bekuzwa lokho.

29Basukuma, bamxosha emzini, bamqhubela ekwengameni kwentaba umuzi
wabo owakhiwe phezu kwayo, ukuze bamkhalakathelisele phansi.

30Kepha yena edabula phakathi kwabo wamuka.

### Ukuphiliswa kweziguli eKapernawume

(Mark. 1:23; Math. 8:14)

31Wehlela eKapernawume umuzi waseGalile. Wayebafundisa ngosuku
lwesabatha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

32Bamangala ngokufundisa kwakhe, ngokuba izwi lakhe lalinamandla.

33Kwakukhona esinagogeni umuntu onomoya wedemoni elingcolileyo,
wamemeza ngezwi elikhulu, wathi:

34 Hhiya! Sinamsebenzi muni nawe Jesu waseNazaretha? Uze ukusibhubhisa
na? Ngiyakwazi ukuba ungubani: ungoNgcwele kaNkulunkulu.

35UJesu wamkhuza wathi: Thula, uphume kuye! Idemoni lamphonsa phansi
phakathi kwabo, laphuma kuye lingamlimazanga.

36Behlelwa ngukwesaba bonke, bakhuluma bodwa, bathi: Yizwi lini leli
lokuba ayale omoya abangcolileyo ngegunya nangamandla, baphume?

37Kwanda udumo ngaye kuzo zonke izindawo zangakhona.

38Wasuka esinagogeni, wangena endlini kaSimoni. Kepha umkhwekazi
kaSimoni wayebanjwe ngumkhuhlane omkhulu; bamnxusa ngaye.

39Wamengama, wakhuza umkhuhlane; wona wamyeka; wasuka masinyane,
wabakhonza.

40Ukushona kwelanga bonke ababe nabagulayo izifo ngezifo babaletha kuye;
ebeka izandla phezu kwabo ngabanye wabaphulukisa.

41Kwaphuma namademoni kwabaningi ememeza ethi: Wena uyiNdodana
kaNkulunkulu. Kepha wawakhuza, kawavumelanga ukuba akhulume,
ngokuba ayemazi ukuthi unguKristu.

42Sekusile, waphuma waya endaweni eyihlane; izixuku zamfuna, zaze zafika
kuye impela, zambamba ukuba angamuki kuzo.

43Kepha wathi kuzo: Nakweminye imizi ngimelwe ukushumayela ivangeli
lombuso kaNkulunkulu, ngokuba ngithunyelwe lokho.

44Washumayela emasinagogeni aseGalile.

## NgokukaLuka 5

### Ukubizwa kukaPetru nababe naye

(Math. 4:18; Mark. 1:16)

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

1Kwathi isixuku simbunganyela ukuba sizwe izwi likaNkulunkulu, wayemi
ngaselwandle lwaseGenesaretha,

2wabona imikhumbi emibili imi ngaselwandle; abadobi babephumile kuyo
behlanza amanetha.

3Esengene komunye wemikhumbi ongokaSimoni wamcela ukuba asuke
kancane emhlabathini. Wahlala phansi, wababfundisa abantu esemkhunjini.

4 Kuthe esegcinile ukukhuluma, wathi kuSimoni: Qhubekela ekujuleni,
nehlise amanetha enu, nibambe.

5USimoni waphendula wathi: Nkosi, sishikile ubusuku bonke, asibambanga
lutho; kepha ngezwi lakho ngiyakuwehlisa amanetha.

6Sebekwenzile lokho babamba izinhlanzi eziningi kakhulu, aze agqabuka
amanetha abo.

7Babaqhweba omana babo abakomunye umkhumbi ukuba beze,
bababambise. Beza-ke, bayigcwalisa imikhumbi yomibili, yaze yathi ayizike.

8Kuthe uSimoni Petru ekubona lokho, waziphonsa phansi ngasemadolweni
kaJesu, wathi: Suka kimi, Nkosi, ngokuba ngingumuntu oyisoni.

9Ngokuba ubehlelwa ngukwesaba, yena kanye nabo bonke ababe naye,
ngobuningi bezinhlanzi ababezibambile,

10kanjalo-ke noJakobe noJohane amadodana kaZebedewu ababesebenzisana
noSimoni. UJesu wathi kuSimoni: Ungesabi; kusukela manje uzakubamba
abantu.

11 Sebeyilethile imikhumbi emhlabathini bashiya konke, bamlandela.

**UJesu uphilisa umuntu onochoko**

(Math. 8:1; Mark. 1:40)

12Kwathi ekomunye wemizi, bheka, nanso indoda egcwele uchoko. Kuthe
embona uJesu, wawa ngobuso, wamnxusa wathi: Nkosi, uma uthanda,
ungangihlambulula.

13Welula isandla sakhe, wamphatha, wathi: Ngiyathanda; hlambuluka.
Masinyane uchoko lwasuka kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Wamyala ukuba angatsheli muntu, wathi: Kepha suka, uzibonakalise kumpristi, unikele ngokuhlanjululwa kwakho, njengalokho uMose akuyalayo, kube ngubufakazi kubo.

15Kwayilapho ukukhuluma ngaye kwanda kakhulu. Zabuthana izixuku eziningi ukuzwa nokuphulukiswa ezifweni zazo.

16Kepha yena wamonyukela ehlane, wakhuleka.

**UJesu uphilisa umuntu ofe uhlangothi. Ukubizwa kukaLevi**
(Math. 9:1; Mark. 2:1)

17Kwathi ngolunye lwalezo zinsuku yena esafundisa, kwakuhlezi khona abaFarisi nabafundisi bomthetho ababephuma emizini yonke yaseGalile neJudiya neJerusalema. Namandla eNkosi ayekuye ukuba aphulukise.

18Bheka-ke, nanko amadoda ethwele ohlakeni umuntu ofe uhlangothi, efuna ukumngenisa nokumbeka phambi kwakhe.

19Engafumani ukuthi angamngenisa kanjani ngenxa yesixuku akhwela phezu kwendlu, amehlisa ophahleni kanye nohlaka ngaphakathi phambi kukaJesu.

20Ebona ukukholwa kwawo wathi: Mngane, uthethelelwe izono zakho.

21Ababhali nabaFarisi baqala ukuzindla ngokuthi: Ngubani lo okhuluma ngokuhlambalaza? Ngubani ongathethelela izono ngaphandle kukaNkulunkulu yedwa na?

22Kepha uJesu ezazi izizindlo zabo waphendula, wathi kubo: Nizindlani ezinhliziyweni zenu na?

23Yikuphi okulula ukuthi: Uthethelelwe izono zakho, noma ukuthi: Vuka uhambe, na?

24Kepha ukuze nazi ukuthi iNdodana yomuntu inamandla emhlabeni okuthethelela izono, wayesethi kofe uhlangothi: Kuwena ngithi: Vuka uthabathe uhlaka lwakho, uye endlini yakho.

25Wasukuma khona lapho phambi kwabo, wathabatha lokho abelele kukho, wamuka waya endlini yakhe emdumisa uNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

26Ukumangala kwabehlela bonke, bamdumisa uNkulunkulu, bagcwala ukwesaba, bathi: Sibonile izimanga namuhla.

27Emva kwalokho waphuma, wabona umthelisi, igama lakhe nguLevi, ehlezi endaweni yokuthela, wathi kuye: Ngilandele.

28Washiya konke, wasukuma, wamlandela.

29ULevi wamenzela isidlo esikhulu endlini yakhe; kwakukhona isixuku esikhulu sabathelisi nabanye ababehlezi nabo ekudleni.

30AbaFarisi nababhali bakhonona kubafundi bakhe, bathi: Yini ukuba nidle niphuze nabathelisi nezoni na?

31Waphendula uJesu, wathi kubo: Abaphilileyo abadingi inyanga, ngabagulayo bodwa.

32 Kangizelanga ukubiza abalungileyo kodwa izoni ukuba ziphenduke.

### Ukuzila ukudla

(Math. 9:14; Mark. 2:18)

33Base bethi kuye: Abafundi bakaJohane bazila kaningi, benze imikhuleko, kanjalo nababaFarisi, kepha abakho bayadla, baphuze.

34Kepha uJesu, wathi kubo: Ningabazilisa yini abayeni, umyeni esenabo na?

35Kodwa kuzakufika izinsuku, lapho umyeni ezakususwa kubo; yikhona bezakuzila ngalezo zinsuku.

36Wabatshela nomfanekiso wokuthi: Akakho odabula isiziba engutsheni entsha, asibekele engutsheni endala; uma enza lokho, uyayona entsha, futhi isiziba sentsha asizukuzwana nendala.

37Futhi akakho othela iwayini elisha ezimvabeni ezindala funa iwayini elisha liqhumise izimvaba, lichitheke lona, nezimvaba zonakale.

38Kodwa iwayini elisha limelwe ukuthelwa ezimvabeni ezintsha.

39Akakho othi ephuze iwayini elidala, afune elisha, ngokuba uthi elidala limnandi.

## NgokukaLuka 6

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### UJesu uchachisa umyalelo wesabatha
(Math. 12:1; Mark. 2:23)

1Kwathi ngesabatha wadabula amasimu; abafundi bakhe bakha izikhwebu, badla bezihlikihla ngezandla.

2 Kepha abathile babaFarisi bathi: Nenzelani lokho okungavunyelwe ngesabatha na?

3 UJesu ebaphendula wathi: Anifundanga yini ngalokho akwenza uDavide mhla elambile yena nababe naye

4 ukuthi wangena endlini kaNkulunkulu, wathatha izinkwa zokubukwa ezingavunyelwe ukudliwa muntu, ngabapristi bodwa, wadla, wanika nababe naye, na?

5Wathi kubo: INdodana yomuntu iyiNkosi neyesabatha.

### UJesu uphilisa ngesabatha
(Math. 12:9; Mark. 3:1)

6Kwathi-ke ngelinye isabatha wangena esinagogeni, wafundisa. Kwakukhona umuntu lapho osandla sakhe sokunene sasishwabene.

7Ababhali nabaFarisi bamqaphelisisa ukuthi uyaphilisa yini ngesabatha, ukuze bathole ukumbeka icala.

8Kepha wazazi izizindlo zabo wathi kuyo indoda esandla sishwabene: Sukuma, ume phakathi. Wasukuma-ke, wema.

9UJesu wathi kubo: Ngiyanibuza ukuthi kuvunyelwe ngesabatha ukwenza okuhle noma okubi yini, ukusindisa umuntu noma ukumbulala, na?

10Esebaqalazile bonke wathi kuye: Yelula isandla sakho. Wenze njalo-ke saze saphiliswa isandla sakhe.

11Base begcwala ukuhlanya, bakhuluma bodwa ngokuthi bangamenze njani uJesu.

### Ukukhethwa kwabaphostoli
(Math. 10:1; Mark. 3:13)

12Kwathi ngalezo zinsuku waphuma waya entabeni ukuyokhuleka; wahlala ubusuku bonke ekhuleka kuNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

13Kwathi sekusile, wababiza abafundi bakhe, wakhetha kubo abayishumi nambili, wabaqamba ngokuthi abaphostoli:

14uSimoni owamqamba ngokuthi uPetru, no-Andreya umfowabo, noJakobe, noJohane, noFiliphu, noBartolomewu,

15noMathewu, noTomase, noJakobe ka-Alfewu, noSimoni othiwa isishisekeli,

16noJuda kaJakobe, noJuda Iskariyothe owaba ngumkhapheli.

17Khona wehla nabo, wema endaweni eyithafa kanye nesixuku esikhulu sabafundi bakhe noquqaba lwabantu abavela kulo lonke laseJudiya, naseJerusalema, nangaselwandle lwaseTire neSidoni,

18ababezile ukumuzwa nokuphulukiswa ezifweni zabo; nababekhathazwa ngawomoya abangcolileyo baphulukiswa.

19 Isixuku sonke safuna ukumthinta, ngokuba kwakuphuma kuye amandla abaphilisa bonke.

## Intshumayelo yasentabeni
(Math. 5:1)

20Wayesephakamisela amehlo akhe ngakubafundi bakhe, wathi: Nibusisiwe nina bampofu, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowenu.

21Nibusisiwe nina balambileyo kalokhu, ngokuba niyakusuthiswa. Nibusisiwe nina bakhalayo kalokhu, ngokuba niyakuhleka.

22Nibusisiwe, nxa abantu benizonda nanxa benicwasa, benithuka, belilahla igama lenu ngokungathi libi ngenxa yeNdodana yomuntu.

23 Thokozani ngalolo suku, nigxume; ngokuba bhekani, umvuzo wenu mkhulu ezulwini; ngokuba oyise babo benze njalo kubaprofethi.

24 Kepha maye kinina bacebileyo, ngokuba niyamukele induduzo yenu!

25Maye kinina basuthiyo kalokhu, ngokuba niyakulamba! Maye kinina bahlekayo kalokhu, ngokuba niyakulila, nikhale!

26Maye kinina, nxa abantu bonke bekhuluma kahle ngani, ngokuba oyise babo benze njalo kubaprofethi bamanga!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27 Kepha ngithi kini enizwayo: Thandani izitha zenu, nenze okuhle kwabanizondayo,

28 nibusise abaniqalekisayo, nibakhulekele abanidumazayo.

29 Okushaya esihlathini, mnike nesinye; nokwaphuca ingubo, ungamnqabeli nebhantshi.

30 Muphe yilowo nalowo ocela kuwe; nokwaphuca okwakho, ungabuyi ukubize kuye.

31Njengalokhu nithanda ukuba abantu benze kini, yenzani njalo kubo.

32 Uma nithanda abanithandayo, ninakubongwa kuni na? Ngokuba nezoni zithanda abazithandayo.

33Ngakho uma nenza okuhle kwabenza okuhle kini, ninakubongwa kuni na? Ngokuba nezoni zenza khona lokho.

34Uma nitsheleka labo enithemba ukwamukela kubo, ninakubongwa kuni na? Nezoni zitsheleka izoni ukuba zamukele okungako.

35Kepha thandani izitha zenu, nenze okuhle, nitsheleke, ningadikibali; nomvuzo wenu uyakuba mkhulu, nibe ngabantwana boPhezukonke, ngokuba umnene yena kwabangabongiyo nababi.

36Yibani nesihawu, njengokuba uYihlo enesihawu.

37 Ningahluleli, khona anisoze nahlulelwa; ningalahli, khona anisoze nalahlwa; thethelelani, khona niyakuthethelelwa.

38 Yiphani, khona niyakuphiwa; bayakunipha esifubeni senu isilinganiso esihle, esigxushiweyo, esigqishiweyo, esichichimayo; ngokuba ngesilinganiso enilinganisa ngaso nani niyakulinganiselwa ngaso.

39Wabatshela nomfanekiso wokuthi: Impumputhe ingahola impumputhe na? Aziyikukhalakathela emgodini zombili na?

40Umfundi kaphezu komfundisi; kepha yilowo ophelelisiwe uyakuba njengomfundisi wakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

41 Ubhekelani ucezwana olusesweni lomfowenu, kanti ugongolo olukwelakho iso awuluboni na?

42Ungasho kanjani kumfowenu ukuthi: Mfowethu, ake ngikhiphe ucezwana olusesweni lakho, wena ongaboni ugongolo olukwelakho iso, na? Mzenzisi, khipha kuqala ugongolo olukwelakho iso, yikhona uyakubonisisa ukukhipha ucezwana olusesweni lomfowenu.

43 Ngokuba akukho muthi omuhle othela isithelo esibi; futhi nomuthi omubi awutheli isithelo esihle.

44Ngokuba yilowo nalowo muthi waziwa ngesithelo sawo. Akukhiwa kambe amakhiwane emeveni, nezithelo zomvini azikhiwa ejikijolweni.

45Umuntu omuhle uveza okuhle emfuyweni enhle yenhliziyo, nomubi uveza okubi emfuyweni embi; ngokuba umlomo wakhe ukhuluma ngokuchichima kwenhliziyo.

46 Ningibizelani ngokuthi: Nkosi, Nkosi, ningakwenzi engikushoyo, na?

47Yilowo nalowo oza kimi, ezwe amazwi ami, awenze, ngonikhombisa lowo afana naye.

48Ufana nomuntu owayakha indlu, wemba washonisa, wabeka isisekelo edwaleni. Ekufikeni kwesikhukhula umfula washaya leyo ndlu, kepha wawungenamandla okuyinyakazisa, ngokuba yayakhiwe kahle.

49Kodwa ozwayo engenzi unjengomuntu owakha indlu emhlabathini ingenasisekelo; umfula wayishaya, yawa masinyane; kwaba kukhulu ukudilika kwaleyo ndlu.

## NgokukaLuka 7

### Ukuphulukiswa kwenceku yenduna

(Math. 8:5)

1Kwathi eseqede onke amazwi akhe ezindlebeni zabantu, wangena eKapernawume.

2Inceku yenduna yekhulu ethile ethandekayo kuyo yayigula, isizakufa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Isizwile ngoJesu yathuma amalunga abaJuda kuye, imcela ukuba eze ayisindise inceku yayo.

4Esefikile kuJesu amncenga kakhulu, ethi: Ifanele ukuba uyenzele lokho,

5ngokuba ithanda isizwe sakithi; yiyo esakhele isinagoge.

6UJesu wayesehamba nawo. Kepha engasekude nendlu, induna yekhulu yathumela kuye abahlobo, bathi kuye: Nkosi, ungazihluphi, ngokuba angifanele ukuba ungene phansi kophahla lwami.

7Ngakho angizibonanga ukuthi ngifanele ukuza kuwe; kepha yisho izwi, khona inceku yami iyakusinda.

8Ngokuba nami ngingumuntu ophansi kwamakhosi, nginamabutho phansi kwami; ngithi kwelinye: Hamba, lihambe; nakwelinye: Woza, lize; nasencekwini yami: Yenza lokhu, ikwenze.

9UJesu ekuzwa lokho wamangala ngayo, waphenduka, wathi esixukwini esimlandelayo: Ngithi kini: Angizange ngifumane ukukholwa okungaka nakwa-Israyeli.

10Ababethunyiwe sebebuyele ekhaya bafumana inceku isindile.

### Indodana yomfelokazi waseNayini ivuswa ekufeni

11Kwathi ngangomuso waya emzini othiwa iNayini; kwahamba naye abafundi bakhe nesixuku esikhulu.

12Esesondela esangweni lomuzi, bheka, kwaphunyiswa ofileyo, indodana eyodwa kanina, yena engumfelokazi; nabantu abaningi bomuzi babe naye.

13Yathi iNkosi isimbona, yamhawukela, yathi kuye: Ungakhali.

14Yasondela, yathinta uhlaka; abaluthweleyo base bema. Yayisithi: Nsizwa, ngithi kuwe: Vuka!

15Ofileyo wavuka, waqala ukukhuluma; yamnika unina.

16Bafikelwa ngukwesaba bonke, bamdumisa uNkulunkulu, bathi: Kuvele umprofethi omkhulu phakathi kwethu, nokuthi: UNkulunkulu ubahambele abantu bakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Kwaphumela leli zwi ngaye kulo lonke iJudiya nakulo lonke langakhona.

### Ukufakaza kukaJesu kubafundi bakaJohane nakubantu

(Math. 11:2)

18Abafundi bakaJohane bambikela ngazo zonke lezo zinto.

19UJohane wayesebiza ababili kubafundi bakhe, wabathumela eNkosini, wathi: Wena unguye ozayo, noma sobheka omunye na?

20Amadoda esefikile kuyo athi: UJohane uMbhapathizi usithumele kuwe, ethi: Wena unguye ozayo, noma sobheka omunye na?

21Ngalowo mzuzu yayiphulukisa abaningi ezifweni nasebuhlungwini nakomoya ababi; nezimpumputhe eziningi yazipha ukubona.

22 Yaphendula, yathi kuwo: Hambani nimlandise uJohane lokho enikubonile nenikuzwile ukuthi: Izimpumputhe ziyabona, izinyonga ziyahamba, abanochoko bayahlanjululwa, izithulu ziyezwa, abafileyo bayavuswa, abampofu bayashunyayezwa ivangeli;

23ubusisiwe ongayikukhubeka ngami.

24Sezimukile izithunywa zikaJohane, yaqala ukukhuluma ezixukwini ngoJohane, ithi: Naphuma naya ehlane ukuyobonani na? Umhlanga ontengantengiswa ngumoya na?

25Kanti naphuma ukuyobonani na? Umuntu owembethe izingubo ezinothonotho na? Bhekani, abembethe okukhazimulayo, betamasa, basezindlini zamakhosi.

26Kodwa naphuma ukuyobonani na? Umprofethi na? Yebo, ngithi kini: Odlula umprofethi.

27 Nguye okulotshwe ngaye ukuthi:  Bheka, ngiyathuma isithunywa sami phambi kobuso bakho esiyakulungisa indlela yakho phambi kwakho.

28 Ngithi kini: Kwabazelwe ngabesifazane akakho omkhulu kunoJohane; kepha omncane embusweni kaNkulunkulu mkhulu kunaye.

29 Abantu bonke, yebo, nabathelisi sebezwile bamvuma uNkulunkulu, babhapathizwa ngombhapathizo kaJohane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

30Kepha abaFarisi nezazimthetho balenza ize icebo likaNkulunkulu maqondana nabo bengabhapathizwanga nguye.

31 Pho-ke, abantu balesi sizukulwane ngiyakubafanisa nani na? Bafana nani na?

32Bafana nabantwana abahlezi esigcawini bememezana bethi: Sinibethele imitshingo, anisinanga; salilisela, anikhalanga.

33 Ngokuba uJohane uMbhapathizi ufikile engadli sinkwa, engaphuzi wayini; nithi-ke: Unedemoni.

34 Ifikile iNdodana yomuntu, idla, iphuza, senithi: Bhekani, umuntu oyisiminzi nesiphuzi, umhlobo wabathelisi nezoni.

35Kodwa ukuhlakanipha kuvunyiwe ngabantwana bakho bonke.

### Owesifazane oyisoni endlini yomFarisi

36Omunye wabaFarisi wammema ukuba adle naye; esengene endlini yomFarisi wahlala ekudleni.

37Bheka, kwakukhona emzini owesifazane oyisoni; wathi esazi ukuthi uhlezi ekudleni endlini yomFarisi, weza nomfuma wamafutha,

38wema emuva ngasezinyaweni zakhe ekhala, waqala ukumatisa izinyawo zakhe ngezinyembezi, wazesula ngezinwele zekhanda lakhe, wazanga izinyawo zakhe, wazigcoba ngamafutha.

39Kuthe umFarisi obemmemile ekubona, wazindla wathi: Uma lo ebengumprofethi, nga emazi lo wesifazane omphathayo ukuba ungubani nokuba unjani, ngokuba uyisoni.

40UJesu waphendula, wathi kuye: Simoni, kukhona engifuna ukukukhuluma kuwe. Wathi: Khuluma-ke, Mfundisi.

41 Kwakukhona abantu ababili abanamacala kumtshelekisi othile; icala lomunye lalingodenariyu abangamakhulu ayisihlanu, elomunye amashumi ayisihlanu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42Bengenanto yokukhokha, wabayekela bobabili. Ngumuphi kubo konje oyakumthanda kakhulu na?

43USimoni waphendula wathi: Ngithi yilowo amyekela okukhulu. Wathi kuye: Unqume kahle.

44Ephendukela kowesifazane wathi kuSimoni: Uyambona lo wesifazane na? Ngingene endlini yakho, awunginikanga amanzi ezinyawo, kepha yena uzimatisile izinyawo zami ngezinyembezi, wazesula ngezinwele zakhe.

45Awunganganga, kepha lo, yilokhu ngingenile, akayekanga ukwanga izinyawo zami.

46Ikhanda lami awuligcobanga ngamafutha, kepha lo uzigcobile izinyawo zami ngamafutha.

47Ngenxa yalokho ngithi kuwe: Izono zakhe eziningi zithethelelwe, ngokuba uthandile kakhulu; kepha othethelelwa okuncane uthanda kancane.

48Wayesethi kuye: Zithethelelwe izono zakho.

49Ababehlezi naye ekudleni baqala ukusho phakathi kwabo ukuthi: Ngubani lo othethelela nezono na?

50Kepha wathi kowesifazane: Ukukholwa kwakho kukusindisile; hamba, ube nokuthula.

## NgokukaLuka 8

### UJesu ushumayela ngemifanekiso

(Math. 13:1; Mark. 4:1)

1Kwathi emva kwalokho wayehamba imizi nemizana eshumayela ememezela ivangeli lombuso, benaye abayishumi nambili

2nabesifazane abathile ababephulukiswe kubo omoya ababi nasezifweni: uMariya obizwa ngokuthi uMagdalena, okwakuphume kuye amademoni ayisikhombisa,

3noJowana umkaKhuza, induna kaHerode, noSusana, nabanye abaningi ababebakhonza ngempahla yabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Sekubuthene kuye isixuku esikhulu sivela emizini ngemizi, wakhuluma ngomfanekiso, wathi:

5 Kwaphuma umhlwanyeli ukuyohlwanyela imbewu yakhe. Ekuhlwanyeleni kwakhe enye yawela ngasendleleni; yanyathelwa, izinyoni zezulu zayidla, zayiqeda.

6Enye yawela edwaleni; kuthe imila, yabuna, ngokuba ingenamswakama.

7Enye yawela phakathi kwameva, kwaze kwathi ameva esemila kanye nayo, ayiminyanisa.

8Enye yawela emhlabathini omuhle; kuthe imila, yathela ngekhulu. Ekusho lokhu wamemeza wathi: Onezindlebe zokuzwa makezwe.

9Abafundi bakhe bambuza ukuthi ungaba yini lowo mfanekiso na?

10Wathi-ke: Niphiwe nina ukwazi izimfihlakalo zombuso kaNkulunkulu, kepha abanye bakuphiwa ngemifanekiso ukuba bebona bangaboni, bezwa bangaqondi.

11 Umfanekiso yilokhu-ke: imbewu iyizwi likaNkulunkulu.

12Abangasendleleni yilabo abathi sebezwile, bese kufika uSathane, alisuse izwi enhliziyweni yabo ukuba bangakholwa, basindiswe.

13Abasedwaleni yilabo abathi sebezwile, balamukele izwi ngokuthokoza; kepha laba kabanampande, bakholwa isikhashana nje, kuthi ngesikhathi sokulingwa bahlubuke.

14Okuwele phakathi kwameva yilabo abathi sebezwile, bahambe, baminyaniswe ngeminako nengcebo nezinjabulo zokuphila, bangatheli izithelo ezivuthiwe.

15Okusemhlabathini omuhle yilabo abathi belizwile izwi, balibambe ngenhliziyo enhle nelungileyo, bathele izithelo ngokubekezela.

16 Akakho othi esokhela isibani, asimboze ngesitsha nokuba asibeke phansi kombhede, kepha usifaka othini, ukuze abangenayo babone ukukhanya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Ngokuba akukho okusithekileyo okungayikuhlaluka nokuyisifuba okungayikwaziwa, kube sobala.

18 Ngakho-ke anobheka ukuba nizwa kanjani; ngokuba yilowo nalowo onakho uyakuphiwa; kepha lowo ongenakho uyakwamukwa nalokho athi unakho.

### Izihlobo eziyizo zikaJesu

(Math. 12:46; Mark. 3:31)

19Kwase kufika kuye unina nabafowabo, kepha behluleka ukufinyelela kuye ngenxa yesixuku.

20Wabikelwa ukuthi: Unyoko nabafowenu bemi ngaphandle befuna ukukubona.

21Kepha waphendula, wathi kubo: Umame nabafowethu yilabo abalizwa izwi likaNkulunkulu, balenze.

### Ukuthuliswa kwesivunguvungu

(Math. 8:23; Mark. 4:35)

22Kwathi-ke ngolunye lwalezo zinsuku wangena emkhunjini, yena kanye nabafundi bakhe, wathi kubo: Asiwele siye ngaphesheya kolwandle. Basuka-ke.

23Kuthe besahamba ngomkhumbi, walala ubuthongo; kwehlela-ke isivunguvungu somoya elwandle, bagcwala amanzi, babesengozini.

24Base besondela, bamvusa bathi: Nkosi, Nkosi, safa. Wavuka-ke, wakhuza umoya nokugubha kwamanzi. Kwanqamuka, kwathula kwathi du.

25Wayesethi kubo: Kuphi ukukholwa kwenu na? Besaba; bamangala, bathi omunye komunye: Ungubani lo ukuba ayale nomoya namanzi, kumlalele?

### Ukukhishwa kwamademoni

(Math. 8:28; Mark. 5:1-20)

26 Bafika ngomkhumbi ezweni lamaGerasa elibhekene neGalile.

27Esephumele emhlabathini, kwamhlangabeza indoda ethile yomuzi eyayinamademoni; kwase kuyisikhathi eside ingembathi ngubo, ingahlali endlini kodwa emathuneni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

28Isimbona uJesu yadazuluka, yawa phansi phambi kwakhe, yathi ngezwi
elikhulu: Nginamsebenzi muni nawe Jesu, Ndodana kaNkulunkulu
oPhezukonke? Ngiyakuncenga, ungangihluphi.

29Ngokuba wayala umoya ongcolileyo ukuba aphume kulowo muntu.
Ngokuba wayesembambe kaningi; walindwa eboshwe ngawozankosi
nangamaketanga ezinyawo; kepha wathi esegqabule izibopho, waqhutshelwa
yidemoni ehlane.

30UJesu wambuza wathi: Ungubani igama lakho? Wathi: ULegiyona, ngokuba
amademoni amaningi ayengene kuye.

31Amncenga ukuba angawayali ukuya kwalasha.

32Kwakukhona lapho umhlambi wezingulube eziningi ziklabile entabeni;
amncenga ukuba awavumele angene kuzo; wawavumela.

33Aphuma-ke amademoni kuye umuntu, angena ezingulubeni, umhlambi
wagulukudela eweni, waphonseka elwandle, waminza.

34Kwathi ababezalusa bebona okwenzekileyo, babaleka, bakubika emzini
nasemaphandleni.

35Khona baphuma ukuyobona okwenzekileyo, bafika kuJesu, bamfumanisa
umuntu okuphume kuye amademoni ehlezi ngasezinyaweni zikaJesu
embethe, esangulukile; bashaywa luvalo.

36Ababekubonile babatshela ukuthi usinde kanjani owayekhwelwe
ngamademoni.

37Abantu bonke bakulelo zwe lamaGerasa bamcela ukuba amuke kubo,
ngokuba babephethwe ngukwesaba okukhulu; yena wayesengena
emkhunjini, waphindela emuva.

38Kepha indoda okuphume kuyo amademoni yamnxusa ukuba ibe naye;
kodwa wayimukisa, ethi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

39 Buyela ekhaya, ulande ukuthi kungakanani uNkulunkulu akwenzele khona. Wamuka elanda emzini wonke ngokuthi kungakanani abekwenzelwe nguye uJesu.

### Indodakazi kaJayiru ivuswa ekufeni

(Math. 9:18; Mark. 5:21)

40Kepha ekubuyeni kwakhe uJesu isixuku samthakazela; ngokuba bonke babembhekile.

41Bheka, kwafika indoda, nguJayiru igama layo, ingumphathi wesinagoge, yaziphonsa phansi ngasezinyaweni zikaJesu, yamncenga ukuba angene endlini yayo.

42Ngokuba yayinendodakazi eyodwa kungathi ineminyaka eyishumi nambili, yona isifa. Kepha esahamba, izixuku zamminyanisa.

43Owesifazane owayenomopho iminyaka eyishumi nambili, esekhokhele izinyanga konke abephila ngakho, engenakuphulukiswa muntu,

44weza ngasemuva, wathinta umphetho wengubo yakhe; kwanqamuka masinyane ukugobhoza kwegazi lakhe.

45UJesu wathi: Ngubani ongithintileyo na? Bephika bonke, wathi uPetru nababe naye: Nkosi, izixuku ziyakuminyanisa, zikucindezele.

46Kepha uJesu wathi: Ukhona ongithintileyo, ngokuba ngizwile kuphuma amandla kimi.

47Owesifazane ebona ukuthi kanakufihleka, weza ethuthumela, eziphonsa phansi phambi kwakhe, walanda phambi kwabantu bonke isisusa sokuba amthinte nokuthi usinde khona lapho.

48 Wayesethi kuye: Ndodakazi, ukukholwa kwakho kukusindisile; hamba, ube nokuthula.

49Esakhuluma, kwafika othile evela kwamphathi wesinagoge, wathi kuye: Indodakazi yakho isifile; ungabe usamkhathaza uMfundisi.

50Kepha uJesu ekuzwa lokho wamphendula wathi: Ungesabi, kholwa kuphela; izakusinda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

51 Esefike endlini kavumanga ukuba kungene muntu naye, kuphela oPetru, noJohane, noJakobe, noyise wentombazana, nonina.

52 Babekhala bonke beyililela; kepha wathi: Ningakhali; ayifile, kodwa ilele.

53 Bamhleka usulu, bazi ukuthi ifile.

54 Kepha yena wayibamba ngesandla, wamemeza wathi: Ntombazana, vuka!

55 Wabuyela umoya wayo, yavuka khona lapho; wayala ukuba inikwe ukudla.

56 Abazali bayo bethuka; wabayala ukuba bangatsheli muntu okwenzekileyo.

## NgokukaLuka 9

### Ukuthunywa kwabaphostoli

(Math. 10:1; Mark. 6:7)

1 Wayesebabizela ndawonye abayishumi nambili, wabanika amandla negunya phezu kwamademoni onke nokuphulukisa izifo.

2 Wabathuma ukushumayela umbuso kaNkulunkulu nokuphulukisa.

3 Wathi kubo: Ningaphathi lutho lwendlela, naludondolo, nasikhwama, nasinkwa, namali, ningabi namabhantshi amabili.

4 Nakuyiphi indlu eningena kuyo, hlalani lapho, nize nimuke khona.

5 Bonke abanganamukeliyo, anothi nxa nimuka kulowo muzi, nithintithe uthuli ezinyaweni zenu, kube ngubufakazi ngabo.

6 Bamuka-ke, bahamba imizi ngemizi beshumayela ivangeli, bephulukisa ezindaweni zonke.

### Ukubulawa kukaJohane uMbhapathizi

(Math. 14:1; Mark. 6:14)

7 Kwathi uHerode umtetrarki ekuzwa konke okwenzekayo, wasambatheka ngokusho kwabanye ukuthi uJohane uvukile kwabafileyo,

8 ngokwabanye ukuthi u-Eliya ubonakele, ngokwabanye ukuthi kuvukile umprofethi othile kwabadala.

9 Kepha uHerode wathi: UJohane ngamnquma ikhanda mina; kodwa ngubani lo engizwa ngaye okunje? Wafuna ukumbona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

10Abaphostoli sebebuyile bamlandisa konke abakwenzileyo; wabathatha,
wamuka nabo bebodwa ukuya emzini othiwa iBetsayida.

11Kepha izixuku sezazi zamlandela; wazithakazela, wakhuluma kuzo
ngombuso kaNkulunkulu, wabaphulukisa abaswela ukuphulukiswa.

### UJesu usuthisa amadoda ayizinkulungwane eziyisihlanu

(Math. 14:13; Mark. 6:30; Joh. 6:1)

12Seliqala ukushona, beza kuye abayishumi nambili, bathi: Bamukise abantu
ukuba baye emizaneni nasezweni elizungezileyo, bangenise, bathole ukudla,
ngokuba lapha sisendaweni eyihlane.

13Kepha wathi kubo: Bapheni nina ukudla. Bathi-ke: Esinakho yizinkwa
eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili kuphela ngaphandle kokuba siyobathengela
bonke laba bantu ukudla.

14Ngokuba kwakukhona amadoda okungathi izinkulungwane eziyisihlanu.
Wathi kubafundi bakhe: Bahlaliseni ngezigaba ngamashumi ayisihlanu.

15Benze njalo, babahlalisa bonke.

16Wazithabatha izinkwa eziyisihlanu nezinhlanzi ezimbili, wabheka
ngasezulwini, wazibusisa, wazihlephula, wanika abafundi ukuba babele
isixuku.

17Badla, basutha bonke, kwabuthwa imvuthuluka eyasala kubo, iziqabetho
eziyishumi nambili.

### Isivumo sikaPetru. Ukuhlushwa kukaJesu nokwabamlandelayo

(Math. 16:13; Mark. 8:27; Math. 16:21; Mark. 8:31)

18Kwathi ekhuleka ngasesitha, abafundi babe naye; wababuza ethi: Abantu
bathi ngingubani na?

19Baphendula bathi: UJohane uMbhapathizi; kepha abanye bathi: Ngu-Eliya;
abanye kodwa bathi: Kuvukile umprofethi othile wabadala.

20Wayesethi kubo: Nina-ke nithi ngingubani na? UPetru waphendula wathi:
UnguKristu kaNkulunkulu.

21Wabayala, wagcizelela ukuba bangatsheli muntu lokho,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22wathi: INdodana yomuntu imelwe ukuhlupheka ngokuningi, ilahlwe ngamalunga nabapristi abakhulu nababhali, ibulawe, ivuswe ngosuku lwesithathu.

23 Wayesethi kubo bonke: Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe imihla ngemihla, angilandele.

24 Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; kepha olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami uyakukusindisa.

25Ngokuba kuyakumsizani umuntu, uma ezuzile izwe lonke, yena uqobo alahleke nokuba alimale, na?

26Ngokuba yilowo nalowo onezinhloni ngami nangamazwi ami ngaye lo iNdodana yomuntu iyakuba nezinhloni, lapho iza ngenkazimulo yayo nekaYise neyezingelosi ezingcwele.

27Kepha nginitshela ngesiminya ukuthi bakhona abanye kwabemi lapha abangayikuzwa ngempela ukufa, baze babone umbuso kaNkulunkulu.

### Ukukhazimuliswa kukaJesu entabeni

(Math. 17:1; Mark. 9:2)

28Kwathi emva kwalawo mazwi kungathi izinsuku zaba yisishiyagalombili wathatha oPetru, noJohane, noJakobe, wenyukela entabeni ukuyokhuleka.

29Kwathi ekukhulekeni kwakhe isimo sobuso bakhe saba ngesinye, nezingubo zakhe zaba mhlophe, zacwebezela.

30Bheka, kwakhuluma naye amadoda amabili ayengoMose no-Eliya;

31abonakala ngenkazimulo, akhuluma ngokumuka kwakhe abemelwe ukukufeza eJerusalema.

32UPetru nababe naye babekhwelwe ngubuthongo; kepha sebephapheme babona inkazimulo yakhe namadoda amabili emi naye.

33Kwathi ekwahlukaneni kwawo naye uPetru wathi kuJesu: Nkosi, kuhle ukuba silapha; masakhe amadokodo amathathu, elinye libe ngelakho, elinye libe ngelikaMose, elinye libe ngelika-Eliya; wayengazi ukuthi uthini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34 Esakhuluma lokhu, kwafika ifu, labasithibeza; besaba ekungeneni kwabo efwini.

35 Kwavela izwi efwini, lathi: Lo uyiNdodana yami ekhethiweyo; yizweni.

36 Kwathi livela izwi, uJesu wafunyanwa eyedwa. Bathula bona, ngaleyo mihla kabatshelanga muntu neyodwa yalezo zinto abazibonileyo.

### Ukuphulukiswa komfana onesithuthwane

(Math. 17:14; Mark. 9:14)

37 Kwathi ngangomuso sebehlile entabeni, isixuku esikhulu samhlangabeza.

38 Bheka, indoda yasesixukwini yamemeza yathi: Mfundisi, ngiyakunxusa ukuba ubheke indodana yami, ngokuba yiyo yodwa kimi.

39 Bheka, umoya uyayibamba, idazuluke masinyane; uyihlukumeza, ikhihlize amagwebu, amuke kuyo eseyizukile.

40 Ngibanxusile abafundi bakho ukuba bamkhiphe, kepha bahluleka.

41 UJesu waphendula wathi: O sizukulwane esingakholwayo nesiphambeneyo, koze kube nini nginani, nginibekezelela, na? Yilethe lapha indodana yakho.

42 Kuthe iseza, idemoni layiwisa phansi, layihlukumeza kakhulu; uJesu wamkhuza umoya ongcolileyo, wamphulukisa umfana, wambuyisela kuyise.

43 Bethuka bonke ngamandla amakhulu kaNkulunkulu.

### UJesu ukhuluma futhi ngokuhlupheka kwakhe

(Math. 17: 22; Mark. 9: 30)

Besamangele bonke ngakho konke akwenzileyo, wathi kubafundi bakhe:

44 Khwezani lawo mazwi ezindlebeni zenu, ngokuba iNdodana yomuntu izakukhashelwa ezandleni zabantu.

45 Kepha abakuzwisisanga lokho kusho, kwakusithekile kubo, ukuze bangakuqondi; besaba ukumbuza ngalokho kusho.

### Ubukhulu obuyibo

(Math. 18:1; Mark. 9:33)

46 Kwavela ukuzindlisana phakathi kwabo kokuthi ngubani ongahle abemkhulu kubo.

47 Kuthe uJesu ebona ukuzindla kwenhliziyo yabo, wathabatha umntwana, wammisa phambi kwakhe,

48 wathi kubo: Yilowo nalowo oyakwamukela lo mntwana ngegama lami uyangamukela mina, ongamukela mina uyamamukela ongithumileyo; ngokuba omncinyane kini nonke nguye omkhulu.

49 UJohane waphendula wathi: Nkosi, sabona umuntu ekhipha amademoni ngegama lakho, samnqabela ngokuba engalandelani nathi.

50 Kepha uJesu wathi kuye: Ningamnqabeli, ngokuba ongamelene nani ungakini.

51 Kwathi sezizakuphelela izinsuku zokwenyuswa kwakhe, wabhekisa ubuso bakhe ukuya eJerusalema.

52 Wathuma izithunywa phambi kwakhe; zahamba, zangena emzini wamaSamariya ukuba zimlungisele.

53 Kepha awamamukelanga, ngokuba ubuso bakhe babubheke eJerusalema.

54 Kuthe abafundi bakhe oJakobe noJohane sebekubonile lokho, bathi: Nkosi, uyathanda ukuba sibize umlilo wehle ezulwini, uwaqede, na?

55 Kepha waguquka, wabakhuza wathi: Anazi ukuthi ningabomoya muni.

56 Ngokuba iNdodana yomuntu ayizanga ukubhubhisa imiphefumulo yabantu kodwa ukuyisindisa, base beya komunye umuzi.

### Ukumlandela uJesu
(Math. 8:18)

57 Kwathi behamba endleleni, umuntu othile wathi kuye: Ngizakukulandela, noma uya ngaphi.

58 UJesu wayesethi kuye: Izimpungushe zinemigodi, nezinyoni zezulu zinezidleke, kepha iNdodana yomuntu kayinandawo, lapho ingacamelisa khona ikhanda.

59 Wayesethi komunye: Ngilandele. Wathi yena: Ngivumele ngiye kuqala ukuyakummbela ubaba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

60Kepha wathi kuye: Yeka abafileyo bembele abafileyo babo, kodwa hamba wena, ushumayele umbuso kaNkulunkulu.

61Nomunye-ke wathi: Ngizakukulandela, Nkosi; kepha ngivumele ngiye kuqala ukuyovalelisa abasekhaya.

62 Kodwa uJesu wathi kuye: Akakho othi esebeke isandla sakhe egejeni, abuke emuva, ofanele umbuso kaNkulunkulu.

## NgokukaLuka 10

### Ukuthunywa kwabafundi abangamashumi ayisikhombisa

(Math. 10:1; Mark. 6:7)

1Emva kwalokho iNkosi yamisa abanye abangamashumi ayisikhombisa, yabathumela ngababili phambi kwayo emizini nasezindaweni zonke ebizakuya kuzo yona.

2Yathi kubo: Ukuvuna kukhulu, kepha izisebenzi ziyingcosana; ngakho-ke nxusani inkosi yokuvuna ukuba ithumele izisebenzi ekuvuneni kwayo.

3Hambani; bhekani, ngiyanithuma ninjengezimvu phakathi kwezimpisi.

4Ningaphathi sikhwama, nayika, nazicathulo, ningabingeleli muntu endleleni.

5 Nakuyiphi indlu eningena kuyo, qalani nithi: Ukuthula makube kule ndlu.

6Kuyakuthi uma kukhona lapho indodana yokuthula, ukuthula kwenu kohlala phezu kwayo; kepha uma kungenjalo, kuzakubuyela kini.

7Hlalani kuleyo ndlu, nidle, niphuze abanipha khona; ngokuba isisebenzi sifanele inkokhelo yaso. Ningangenisi ezindlini ngezindlu.

8 Nakumuphi umuzi eningena kuwo, benamukele, yidlani okubekwa phambi kwenu,

9niphulukise abagulayo abakuwo, nithi kubo: Umbuso kaNkulunkulu usondele kini.

10Kepha nakumuphi umuzi eningena kuwo, benganamukeli, phumelani ezitaladini zawo, nithi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Nothuli lomuzi wenu olunamathele ezinyaweni zethu siyaluhlangulela kini; nokho-ke yazini lokhu ukuthi umbuso kaNkulunkulu usondele.

12Ngithi kini: Kuyakuba ngcono kwabaseSodoma ngalolo suku kunakulowo muzi.

### Ukusolwa kwemizi engaphendukanga

(Math. 11:20)

13 Maye kuwe Korazini! Maye kuwe Betsayida! Ngokuba uma kwakwenziwe eTire naseSidoni imisebenzi yamandla eyenziwe kini, ngakube kade yaphenduka, ihlala ngesaka nangomlotha.

14Kepha kuyakuba ngcono kulo iTire neSidoni ekwahlulelweni kunakini.

15Nawe Kapernawume uyakuphakanyiselwa ezulwini na? Uyakwehliselwa eHayidese.

16 Onizwayo nina uyangizwa mina; onalayo nina uyangala mina; ongalayo mina uyamala ongithumileyo.

17Babuya-ke abangamashumi ayisikhombisa ngokujabula, bathi: Nkosi, namademoni ayasithobela ngegama lakho.

18Wathi kubo: Ngabona uSathane ewa ezulwini njengonyazi.

19Bhekani, ngininikile igunya lokunyathela izinyoka nawofezela naphezu kwamandla onke esitha; anisoze noniwa lutho.

20 Nokho ningathokozi ngalokhu kokuthi omoya bayanithobela, kepha thokozani ngokuthi amagama enu alotshiwe ezulwini.

### UJesu uyamdumisa uYise

(Math. 11:25)

21Ngasona leso sikhathi wathokoza ngoMoya oNgcwele, wathi: Ngiyakubonga, Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba ukufihlile lokho kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, wakwambulela izingane; yebo, Baba, ngokuba kwaba kuhle phambi kwakho ukuba kube njalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Konke ngikunikelwe nguBaba; akakho owazi ukuthi iNdodana ingubani, kuphela uYise, nokuthi uYise ungubani, kuphela iNdodana nalowo iNdodana ethanda ukumambulela yena.

23Waphendukela kubafundi bebodwa, wathi: Abusisiwe amehlo abona enikubonayo.

24Ngokuba ngithi kini: Baningi abaprofethi namakhosi ababethanda ukubona enikubonayo, abakubonanga, nokuzwa enikuzwayo, abakuzwanga.

### Umfanekiso womSamariya onesihawu

(Math. 22:34; Mark. 12:28)

25Bheka, kwase kusukuma isazimthetho esithile, samlinga sathi: Mfundisi, ngizakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na?

26Wathi kuso: Kulotshweni emthethweni? Ufunda kanjani?

27Saphendula sathi: Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo onke amandla akho, nangayo yonke ingqondo yakho, nomakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena.

28Wayesethi kuso: Uphendule kahle; yenza lokho, uzakuphila.

29Kepha sona sithanda ukuzithetha sathi kuJesu: Umakhelwane wami ngubani na?

30UJesu waphendula wathi: Umuntu othile wehla eJerusalema eya eJeriko; watheleka phakathi kwezigcwelegcwele, zamhlubula izingubo, zamshaya, zamuka zimshiya umndondo nje.

31Kwaqabuka kwehla umpristi othile ngaleyo ndlela; wathi embona, wamgwemela.

32Kanjalo nomLevi, efika kuleyo ndawo embona, wamgwemela.

33Kepha umSamariya othile owayesendleleni wafika kuye; wathi ukuba ambone, wamhawukela;

34waya kuye, wabopha amanxeba akhe ewathela ngamafutha newayini, wamkhwelisa esilwaneni sakhe, wamusa endlini yezihambi, wamgcina.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

35Ngangomuso wakhipha odenariyu ababili, wabanika umninindlu, wathi kuye: Mgcine, nalokho okwelekelayo ngiyakukubuyisela kuwe ekubuyeni kwami.

36 Ngumuphi ngokubona kwakho kulaba abathathu owaba ngumakhelwane wakhe owatheleka phakathi kwezigcwelegcwele na?

37Sathi: Yilowo owamenzela isihawu. Wayesethi uJesu kuso: Hamba wenze njalo nawe.

### OMarta noMariya

38Kwathi ekuhambeni kwabo wangena emzini othile; owesifazane othile, igama lakhe nguMarta, wamamukela endlini yakhe.

39Wayenodadewabo othiwa nguMariya, owahlala ngasezinyaweni zeNkosi, walizwa izwi layo.

40Kepha uMarta ekhathazekile ukusebenza okuningi waya kuye, wathi: Nkosi, awukhathaleli ukuthi udadewethu ungishiyile, ngisebenze ngedwa, na? Ngakho yisho kuye ukuba angisize.

41Kepha iNkosi yamphendula yathi: Marta, Marta, unakekela, ukhathazeka ngezinto eziningi.

42Kodwa inye into edingekile; uMariya ukhethile isabelo esihle angayikwaphucwa sona.

## NgokukaLuka 11

### UJesu ufundisa ngomkhuleko

(Math. 6:9)

1Kwathi ekhuleka endaweni ethile, esegcinile, omunye wabafundi bakhe wathi kuye: Nkosi, sifundise ukukhuleka, njengokuba uJohane naye wabafundisa abafundi bakhe.

2Wayesethi kubo: Nxa nikhuleka, anothi: Baba wethu osezulwini, malingcweliswe igama lakho; mawufike umbuso wakho; mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini;

3usiphe isinkwa sethu sezinsuku zonke imihla ngemihla;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4usithethelele izono zethu, ngokuba nathi sibathethelela bonke abanecala kithi; ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi.

5Wathi kubo: Ngumuphi kini oyakuba nomhlobo, aye kuye phakathi kobusuku, athi kuye: Mhlobo, ngitsheleke izinkwa zibe zintathu,

6ngokuba kufike kimi umhlobo wami evela ekuhambeni, kepha anginanto engingayibeka phambi kwakhe;

7yena-ke ophakathi aphendule athi: Ungangihluphi; sekuvaliwe emnyango, nabantwana bami balele kanye nami; anginakuvuka, ngikunike, na?

8Ngithi kini: Noma engazukuvuka amnike ngokuba engumhlobo wakhe, nokho ngenxa yokukhongisisa kwakhe uyakuvuka amnike konke akudingayo.

9 Ngithi kini: Celani, niyakuphiwa; funani, niyakufumana; ngqongqothani, niyakuvulelwa.

10Ngokuba yilowo nalowo ocelayo uyamukeliswa, nofunayo uyafumana, nongqongqothayo uyakuvulelwa.

11 Ngumuphi kini onguyise, oyakuthi nxa indodana icela inhlanzi, ayinike inyoka esikhundleni senhlanzi;

12uma icela iqanda, ayinike ufezela, na?

13Ngakho-ke uma nina eningababi nikwazi ukubapha abantwana benu izipho ezinhle, kakhulu kangakanani uYihlo osezulwini uzakubapha abacela kuye uMoya oNgcwele.

**Isono sokuhlambalaza**

(Math. 12:22; Mark. 3:20)

14Wakhipha idemoni, laliyisimungulu; kwathi seliphumile idemoni, wakhuluma oyisimungulu; abantu bamangala.

15Kepha abanye kubo bathi: Ukhipha amademoni ngoBelzebule umbusi wamademoni.

16Abanye bemlinga bafuna kuye isibonakaliso esivela ezulwini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Kepha yena eyazi imicabango yabo wathi kubo: Yilowo nalowo mbuso
owahlukene wodwa uyachitheka, indlu idilike phezu kwendlu.

18NoSathane, uma ehlukene yedwa, umbuso wakhe uyakuma kanjani na?
lokhu nithi ngikhipha amademoni ngoBelzebule.

19Uma mina ngikhipha amademoni ngoBelzebule, amadodana enu awakhipha
ngobani na? Ngalokho-ke wona ayakuba ngabahluleli benu.

20Kepha uma ngikhipha amademoni ngomunwe kaNkulunkulu, umbuso
kaNkulunkulu usufikile phela kini.

21 Uma isiqhwaga sihlomile, silinda umuzi waso, impahla yaso ihlezi
ngokuthula.

22 Kepha nxa onamandla kunaso esisukela, asinqobe, uyasaphuca izikhali
zaso zonke ebesizethembile, ayabe impango yaso.

23 Ongenami umelene nami; ongabuthi nami uyahlakaza.

24 Nxa umoya ongcolileyo ephumile kumuntu, uyadabula izindawo ezomileyo
efuna ukuphumula; engakufumani uthi: Ngizakubuyela endlini yami
engaphuma kuyo.

25Uyafika-ke, ayifumane ishaneliwe, ihlotshisiwe.

26 Khona abesehamba, azithathele abanye omoya abayisikhombisa ababi
kunaye, bangene bahlale lapho, ukugcina kwalowo muntu kube kubi
kunokwakuqala.

27 Kwathi esakhuluma lokhu, owesifazane othile esixukwini waphakamisa
izwi, wathi kuye: Sibusisiwe isisu esakuthwalayo namabele owawancelayo.

28 Kepha yena wathi: Yebo, kodwa kakhulu babusisiwe abalizwa izwi
likaNkulunkulu, balilondoloze.

**Abafuna izibonakaliso**

(Math. 12:38; 16:1; Mark. 8:11)

29Sekubuthana kuye izixuku, waqala ukukhuluma, wathi: Lesi sizukulwane
siyisizukulwane esibi; sifuna isibonakaliso, kepha asiyikunikwa sibonakaliso,
kuphela isibonakaliso sikaJona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

30Ngokuba njengalokho uJona waba yisibonakaliso kwabaseNineve, iNdodana yomuntu iyakuba njalo kulesi sizukulwane.

31 Inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye namadoda alesi sizukulwane, iwalahle; ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; bhekani, lapha kukhona okukhulu kunoSolomoni.

32Amadoda aseNineve ayakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesi sizukulwane, asilahle; ngokuba aphenduka ngokushumayela kukaJona; bhekani, lapha kukhona okukhulu kunoJona.

### Imifanekiso yesibani
(Math. 5:15; Mark. 4:21; Luk. 8:16)

33 Akakho othi esokhela isibani, asibeke esitha nangaphansi kwesitsha, kepha usifaka othini ukuba abangenayo babone ukukhanya.

34Isibani somzimba siyiso lakho; nxa iso lakho liphilile, umzimba wakho wonke ungukukhanya; kepha nxa lilibi, umzimba wakho ungubumnyama.

35Ngakho qaphela ukuba ukukhanya okukuwe kungabi ngubumnyama.

36Njalo-ke uma umzimba wakho wonke ungukukhanya ungenandawo emnyama, uyakukhanya wonke njengesibani sikukhanyisa ngokukhanya kwaso.

### UJesu usola abaFarisi nezazimthetho
(Math. 23:23)

37Esakhuluma, umFarisi wammema ukuba adle naye; wangena, wahlala ekudleni.

38UmFarisi wamangala ebona ukuthi kaqalanga ngokuhlamba engakadli.

39Yayisithi iNkosi kuye: Manje-ke nina baFarisi nihlambulula ingaphandle lenkezo nesitsha, kepha ingaphakathi lenu ligcwele ukuphanga nokubi.

40Ziwula, yena owalenza ingaphandle akalenzanga nengaphakathi na?

41Kepha yiphani okungaphakathi kube yisiphiwo sabampofu, bhekani-ke, kobe kuhlambulukile konke kini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42 Kodwa maye kinina baFarisi, ngokuba nithela okweshumi
kwesinkuntshane, nokwentshungu, nokwemifino yonke, ninganaki ukulunga
nokumthanda uNkulunkulu! Benimelwe ukwenza lokhu, ningakuyeki
nalokho.

43 Maye kinina baFarisi, ngokuba nithanda izihlalo eziphambili
emasinagogeni nokubingelelwa ezigcawini zokuthengelana!

44 Maye kinina, ngokuba nifana namathuna angasabonakaliyo, nabantu
abahamba ngaphezu kwawo bengawazi!

45Wayesephendula omunye wezazimthetho, wathi kuye: Mfundisi, ngokusho
lokho uyasijivaza nathi.

46Kepha wathi: Maye nakinina zazimthetho, ngokuba nithwesa abantu
imithwalo ethwaleka kalukhuni! Nina-ke uqobo lwenu aniyithinti leyo
mithwalo nangowodwa weminwe yenu.

47 Maye kinina, ngokuba niyawakha amathuna abaprofethi, kanti oyihlo
bababulala!

48Ngalokho ningofakazi, nivuma imisebenzi yawoyihlo; ngokuba bona
bababulala, nina-ke niyawakha amathuna abo.

49Ngenxa yalokho ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kwathi: Ngiyakuthumela
kubo abaprofethi nabaphostoli; abanye bayakubabulala, abanye babazingele,

50ukuze kubizwe kulesi sizukulwane igazi labaprofethi bonke elachithwa
kwasekusekelweni komhlaba,

51 kusukela egazini lika-Abela kuze kufike egazini likaZakariya owabulawa
phakathi kwe-altare nethempeli. Yebo, ngithi kini: Lizakubizwa kulesi
sizukulwane.

52 Maye kinina zazimthetho, ngokuba nisisusile isihluthulelo sokwazi! Nina
uqobo lwenu aningenanga, nabangenayo nabavimbela.

53Kuthe ephuma lapho, ababhali nabaFarisi baqala ukumzonda kabi
nokumbuzisisa ngokuninginingi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

54bemqamekela ukuba babambe into ephuma emlonyeni wakhe.

## NgokukaLuka 12

### UJesu uxwayisa abafundi bakhe

(Math. 10:26)

1Kwathi sezibuthene izigidi zabantu baze banyathelana, waqala ukukhuluma, ikakhulu kubafundi bakhe, ethi: Xwayani imvubelo yabaFarisi engukuzenzisa.

2Akukho okusitshekelweyo okungayikwambulwa, nokufihliweyo okungayikwaziwa.

3Ngakho-ke konke enikukhuluma ebumnyameni kuyakuzwiwa ekukhanyeni, nalokho enikukhuluma endlebeni emakamelweni kuyakumenyezelwa phezu kwezindlu.

4 Kepha ngithi kinina bahlobo bami: Ningabesabi abawubulala umzimba, bengenakwenza okunye emva kwalokho.

5Kodwa ngiyakunitshengisa eniyakumesaba: Mesabeni lowo othi esebulele, abe namandla okuphonsa esihogweni. Yebo, ngithi kini: Mesabeni lowo.

6Akuthengwa yini imizwilili eyisihlanu ngezindibilishi ezimbili na? Akukhohlakele namunye kuyo emehlweni kaNkulunkulu.

7Kodwa nezinwele zekhanda lenu zibaliwe zonke. Maningesabi; nidlula imizwilili eminingi.

8 Futhi ngithi kini: Yilowo nalowo oyakungivuma phambi kwabantu neNdodana yomuntu iyakumvuma yena phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu;

9kepha ongiphika phambi kwabantu uyakuphikwa phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu.

10 Nalowo okhuluma izwi elibi ngeNdodana yomuntu uyakuthethelelwa, kepha ohlambalaza uMoya oNgcwele kayikuthethelelwa.

11 Kepha nxa beniqhubela emasinagogeni, nakubabusi, nakuzo iziphathimandla, ningakhathazeki ngokuthi niyakuziphendulela kanjani nangokuthini, nokuba niyakukhulumani,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[12]ngokuba uMoya oNgcwele uyakunifundisa ngasona leso sikhathi okufanele nikukhulume.

### Umlimi onothileyo. Iminako yomhlaba

[13]Omunye wesixuku wathi kuye: Mfundisi, shono kumfowethu ukuba abelane nami ifa.

[14]Kepha wathi kuye: Mngane, ubani ongimise ngibe ngumahluleli noma umahlukanisi phezu kwenu na?

[15] Wayesethi kubo: Bhekani, nixwaye ukuhaha konke, ngokuba ukuphila komuntu akumi ngobuningi bempahla yakhe.

[16]Wabalandisa umfanekiso, wathi: Izwe lomuntu othile onothileyo lathela kahle.

[17]Wazindla phakathi kwakhe, wathi: Ngizakwenzani, lokhu ngingenandawo engingabuthela kuyo ukudla kwami, na?

[18] Wayesethi: Ngizakwenza lokhu: ngizakudiliza izinqolobane zami, ngakhe ezinkulu, ngibuthele khona ukudla kwami konke nempahla yami.

[19]Bese ngithi kuwo umphefumulo wami: Mphefumulo, unempahla eningi ebekelelwe iminyaka emmingi; phumula, udle, uphuze, ujabule.

[20] Kepha uNkulunkulu wathi kuye: Wena siwula, ngalobu busuku umphefumulo wakho uzakubizwa kuwe; pho-ke, izinto ozilungisileyo ziyakuba ngezikabani na?

[21] Kunjalo kozibekelela ingcebo enganothile kuNkulunkulu.

[22] Wayesethi kubafundi bakhe: Ngakho-ke ngithi kini: Ningakhathazeki ngokuphila kwenu ukuthi niyakudlani, nangomzimba wenu ukuthi niyakwembathani.

[23]Ngokuba ukuphila kukhulu kunokudla, nomzimba kunesambatho.

[24]Bhekani izingwababana ukuthi azihlwanyeli, azivuni, azinaxhiba nanqolobane, kepha uNkulunkulu uyazondla; nina nizidlula kakhulu kangakanani izinyoni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

25Ngumuphi kini ongathi ngokukhathazeka enezele ebudeni bakhe ingalo na?

26Ngalokho nxa ningenamandla okwenza nokuncinyane, yini ukuba nikhathazeke ngokunye na?

27 Bhekani iminduze ukuthi imila kanjani; ayiphothi, ayaluki, kepha ngithi kini noSolomoni ebukhazikhazini bakhe bonke wayengembathisile okomunye wayo.

28Uma uNkulunkulu embathisa kanjalo utshani basendle obukhona namuhla, ngomuso buphonswe eziko, kakhulu kangakanani uyakunembathisa nina eninokukholwa okuncane.

29Nani maningafuni eniyakukudla neniyakukuphuza; ningakhathazeki.

30Ngokuba konke lokho kufunwa ngabezizwe bomhlaba, kepha uYihlo uyazi ukuthi niyakudinga lokho.

31 Kodwa funani umbuso wakhe, khona konke lokho kuyakwenezelwa nina.

32 Ungesabi, mhlambi omncane; ngokuba kwathandeka kuYihlo ukuninika umbuso.

33 Thengisani ngeninakho, niphe abampofu; nizenzele izikhwama ezingagugiyo, ingcebo engapheliyo ezulwini, lapho kungasondeli sela, kungoni nundu khona.

34Ngokuba lapho kukhona ingcebo yenu, lapho iyakuba khona nenhliziyo yenu.

### Inceku ethembekileyo
(Math. 24:42)

35 Izinkalo zenu mazibe ziboshiwe, nezibani zivutha.

36Nani yibani njengabantu ababheke inkosi yabo ibuya emshadweni ukuba, nxa ifika ingqongqotha, bayivulele masinyane.

37Zibusisiwe lezo zinceku okuyakuthi inkosi, nxa ifika, izifumane zilindile; ngiqinisile ngithi kini: Iyakuzibopha ukhalo, izihlalise ekudleni, ize izikhonze.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

38Noma ifika ngomlindo wesibili noma ngowesithathu, ifumane kunjalo, zibusisiwe zona lezo.

39Kepha yazini lokhu kokuthi, uma umninindlu ebesazi isikhathi isela elizakufika ngaso, ubengayikuvuma ukuba ifohlwe indlu yakhe.

40Nani manibe nilungile, ngokuba iNdodana yomuntu iyeza ngesikhathi eningasicabangiyo.

41UPetru wayesethi kuye: Nkosi, usilandisa thina lo mfanekiso nokuba bonke na?

42Yayisithi iNkosi: Ngumuphi-ke umphathi othembekileyo noqondileyo, inkosi yakhe eyakumbeka phezu kwabendlu bayo ukuba abanike isabelo sabo sokudla ngesikhathi sakho?

43Ibusisiwe leyo nceku okuyakuthi inkosi yayo, nxa ifika, iyifumane yenze njalo.

44Impela ngithi kini: Iyakuyibeka phezu kwakho konke enakho.

45Kepha uma leyo nceku ithi enhliziyweni yayo: Inkosi yami ilibele ukufika, iqale ukushaya abafana namantombazana, idle, iphuze, idakwe,

46inkosi yaleyo nceku iyakufika ngosuku engayibhekile ngalo nangomzuzu engawaziyo, iyinqumanqume, iyabele nabangakholekile.

47 Njalo-ke leyo nceku ebiyazi intando yenkosi yayo ingalungiselanga, ingenzanga ngokwentando yayo, iyakushaywa imivimbo eminingi;

48kepha ebingazi yenza okufanele imivimbo, iyakushaywa eyingcosana; yilowo nalowo ophiwe okuningi, kuyakubizwa okuningi kuye; nophathiswe okuningi, bayakubiza kuye okungaphezu kwalokho.

**Umlilo kaJesu nezibonakaliso zezikhathi**

49 Ngize ukuphonsa umlilo emhlabeni; bengifunisisa kangakanani ukuba nga sewokhelwe.

50 Kepha nginombhapathizo engizakubhapathizwa ngawo; ngikhathazekile kanjani, uze ufezeke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

51 Nithi ngize ukuletha ukuthula emhlabeni na? Ngithi kini: Qha, kepha kakhulu ukwahlukana.

52 Ngokuba kusukela manje kuyakuba khona abayisihlanu endlini inye bahlukene, abathathu nababili, ababili nabathathu;

53 bayakwahlukana, uyise nendodana, indodana noyise; unina nendodakazi, indodakazi nonina; uninazala nomalokazana wakhe, umalokazana noninazala.

54 Wayesethi nakuzo izixuku: Nxa nibona ifu likhuphuka entshonalanga, masinyane nithi: Iyeza imvula, kube njalo.

55 Futhi nxa kuphephetha iningizimu, nithi: Lizakubalela, kube njalo.

56 Bazenzisi, niyakwazi ukuchachisa ukuma komhlaba nokwezulu; kepha yini ukuba ningachachisi lesi sikhathi na?

57 Pho, yini ukuba ninganqumi ngokwenu okulungileyo na?

58 Ngokuba, nxa uya enkosini nomelene nawe, ncengisisa usesendleleni ukuba ukhululeke kuye, funa mhlawumbe akuhudulele kumahluleli, umahluleli akunikele kulo iphoyisa, iphoyisa likuphonse etilongweni.

59 Ngithi kuwe: Awusoze waphuma khona, uze ukhokhe ifadingi lokuphela.

## NgokukaLuka 13

### UJesu ufundisa ngokuphenduka

1 Ngaleso sikhathi kwakukhona abathile abamtshela ngabaseGalile igazi labo uPilatu ayelixubanisile nemihlatshelo yabo.

2 Waphendula, wathi kubo: Nithi labo baseGalile babe yizoni kunabo bonke abaseGalile, ngokuba behlelwa yilokho, na?

3 Ngithi kini: Qha, kepha uma ningaphenduki, niyakubhubha kanjalo nonke.

4 Nalabo abayishumi nesishiyagalombili owawela phezu kwabo umbhoshongo waseSilowama, wababulala, nithi bona babe namacala kunabantu bonke abakhileyo eJerusalema na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

5Ngithi kini: Qha, kepha uma ningaphenduki, niyakubhubha ngokunjalo nonke.

6Wayesebalandisa lo mfanekiso wokuthi: Umuntu othile wayenomkhiwane utshalwe esivinini sakhe; weza efuna isithelo kuwo, akasifumananga.

7Wayesethi kuso isisebenzi sesivini: Bheka, sekuyiminyaka emithathu ngiza ngifuna isithelo kulo mkhiwane, ngingasifumani; wunqume; yini ukuba uyone futhi inhlabathi?

8 Sona saphendula, sathi kuye: Nkosi, wuyeke nangalo mnyaka, ngize ngivukuze inhlabathi emaceleni awo, ngiwuthelele umquba;

9mhlawumbe ungaze uthele ngozayo; kepha uma kungenjalo, wowunquma.

**Ukuphulukiswa kowesifazane onomoya wobuthakathaka**

10Wayefundisa kwelinye lamasinagoge ngesabatha.

11Bheka, kwaba khona owesifazane onomoya wobuthakathaka iminyaka eyishumi nesishiyagalombili, eseqhothile engenakululama nempela.

12Kwathi uJesu embona, wambiza, wathi kuye: Mame, ukhululiwe ebuthakathakeni bakho.

13Wabeka izandla phezu kwakhe; weluleka khona lapho, wamdumisa uNkulunkulu.

14Umphathi wesinagoge, ecunukile ngokuba uJesu ephulukisile ngesabatha, waphendula, wathi kuso isixuku: Kukhona izinsuku eziyisithupha okufanele ukusetshenzwa ngazo; ngakho-ke anoza ngazo, niphulukiswe, kungabi ngosuku lwesabatha.

15Kepha iNkosi yamphendula yathi: Bazenzisi, kanti yilowo nalowo kini kayithukululi yini ngesabatha inkabi yakhe noma imbongolo yakhe emkhombeni, ayise ukuyoyiphuzisa, na?

16Kepha lona, eyindodakazi ka-Abrahama, uSathane abembophile, bhekani, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili, bekungafanele yini ukuba akhululwe kuleso sibopho ngosuku lwesabatha na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

17Wathi ukuba asho lokho, bajabha bonke ababemelene naye; isixuku sonke sathokoza ngemisebenzi yonke yenkazimulo eyenziwe nguye.

### Imifanekiso ngombuso kaNkulunkulu

(Math. 13:31; Mark. 4:30)

18Wayesethi: Umbuso kaNkulunkulu ufana nani na? Ngiyakuwufanisa nani na?

19Ufana nenhlamvu yesinaphi ayithatha umuntu, wayihlwanyela ensimini yakhe; yamila, yaba ngumuthi, izinyoni zezulu zaze zakhela emagatsheni awo.

20Wabuye wathi: Umbuso kaNkulunkulu ngiyakuwufanisa nani na?

21Ufana nemvubelo ayithatha owesifazane, wayifaka emaqomeni amathathu empuphu, kwaze kwabila konke.

22Wayesedlula, wahamba imizi ngemizi nemizana ngemizana, efundisa, eqonde eJerusalema.

23Umuntu othile wayesethi kuye: Nkosi, bayingcosana abasindiswayo na? Wathi kubo:

24 Phikelelani ukungena ngomnyango omncinyane; ngokuba ngithi kini: Abaningi bayakufuna ukungena, bahluleke.

25 Nxa umninindlu esukumile wavala emnyango, niqale ukuma ngaphandle, ningqongqothe emnyango, nithi: Nkosi, sivulele, uyakuphendula, athi: Anginazi lapho nivela khona.

26 Lapho-ke niyakuqala ukuthi: Sasidla, siphuza phambi kwakho, wawufundisa emigwaqweni yakithi.

27 Athi-ke: Ngithi kini: Anginazi lapho nivela khona; sukani kimi nina nonke, basebenzi bokungalungi.

28 Lapho kuyakuba khona ukukhala nokugedla amazinyo, nxa senibona o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe, nabaprofethi bonke embusweni kaNkulunkulu, kepha nina nikhishelwe ngaphandle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29 Bayakufika bevela empumalanga, nasentshonalanga, nasenyakatho, naseningizimu, bahlale ekudleni embusweni kaNkulunkulu.

30 Bhekani, bakhona abokugcina abayakuba ngabokuqala; bakhona abokuqala abayakuba ngabokugcina.

### UJesu uyalikhalela iJerusalema

31 Ngawo lowo mzuzwana kweza abaFarisi abathile, bathi kuye: Suka, umuke lapha, ngokuba uHerode ufuna ukukubulala.

32 Wathi kubo: Hambani nithi kuleyo mpungushe: Bheka, ngikhipha amademoni, ngiphulukise abagulayo namuhla nakusasa, kuthi ngosuku lwesithathu ngiphelelisweю.

33 Nokho ngimelwe ukuba ngihambe namuhla nakusasa nangomhlomunye; ngokuba akunakwenzeka ukuba umprofethi abhubhe ngaphandle kweJerusalema.

34 Jerusalema, Jerusalema, wena obulala abaprofethi, okhanda ngamatshe abathunyelwe kuwe, bengithanda kangaki ukubuthela ndawonye abantwana bakho njengesikhukukazi sibuthela amazinyane aso phansi kwamaphiko; kepha anivumanga.

35 Bhekani, indlu yenu isisala inxiwa kini; kepha ngithi kini: Anisoze nangibona, kuze kufike isikhathi sokuba nithi: Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi.

## NgokukaLuka 14

### UJesu uphilisa efundisa endlini yomFarisi

1 Kwathi ekungeneni kwakhe ngesabatha endlini yomunye waba yizikhulu kubaFarisi ukuba adle ukudla, bona uqobo babemqaphele.

2 Bheka, kwavela phambi kwakhe umuntu othile owayenesifo samanzi.

3 UJesu wathatha, wathi kuzo izazimthetho nabaFarisi: Kuvunyelwe yini ukuphulukisa ngesabatha noma qha?

4 Kepha bathula. Wayesemphatha, wamphulukisa, wammukisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Wathi kubo: Ngumuphi kini ongathi indodana noma inkabi iyele emgodini, angayikhiphi masinyane ngosuku lwesabatha, na?

6Bahluleka ukuphendula kulokho.

7Wabalandisa abamenyiweyo umfanekiso, ebona ukuzikhethela kwabo izihlalo eziphambili, wathi kubo:

8 Nxa umenyiwe ngumuntu ukuya emshadweni, ungahlali esihlalweni esiphambili, funa ngabe ukhona omkhulu kunawe omenyiwe nguye,

9eze yena onimeme wena naye, athi: Mdedele lo; khona uqale uhlale kwesisenzansi unamahloni.

10Kepha nxa umenyiwe, hamba uhlale endaweni esenzansi ukuba, nxa efika okumemileyo, athi kuwe: Mhlobo, yenyukela enhla; khona uyakuba nodumo phambi kwabo bonke abahlezi nawe ekudleni.

11Ngokuba oziphakamisayo uzakuthotshiswa; nozithobayo uzakuphakanyiswa.

12Wathi nakommemileyo: Uma wenza isidlo sasemini noma esakusihlwa, ungabizi abahlobo bakho, nabafowenu, nomndeni wakho, nabakhelwane bakho abacebileyo, funa nabo babuye bakumeme, kube khona ukwenanana.

13Kepha uma wenza isidlo, mema abampofu, nezinyonga, nezimpumputhe;

14uyakubusiswa-ke, ngokuba bangekwenanisele; uyakwenaniselwa ekuvukeni kwabalungileyo.

15Esezwile lokho omunye wababehlezi naye ekudleni, wathi kuye: Ubusisiwe lowo oyakudla isinkwa embusweni kaNkulunkulu.

16 Kepha wathi kuye: Umuntu othile wenza idili elikhulu, wamema abaningi.

17Ngesikhathi sedili wathuma inceku yakhe ukuba isho kwabamenyiweyo ukuthi: Zanini, ngokuba sekulungisiwe konke.

18 Kepha bonke baqala ukuzilandulela ngazwi linye; owokuqala wathi kuye: Ngithengile insimu, kuswelekile ukuba ngiye ngiyibone; ngiyakuncenga, mawungilandulele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 Omunye wathi: Ngithengile izinkabi eziyishumi, sengiya ukuzilinga; ngiyakuncenga, mawungilandulele.

20 Omunye wathi: Ngithathile umfazi, ngalokho ngingeze.

21 Isibuyile inceku yabika lokho enkosini yayo. Khona umninindlu wathukuthela, wathi encekwini yakhe: Khawuleza, uye emigwaqweni nasemingcingweni yomuzi, ungenise lapha abampofu, nezilima, nezimpumputhe, nezinyonga.

22 Yathi inceku: Nkosi, sekwenziwe ngokuyala kwakho; kepha isekhona indawo.

23 Yathi inkosi encekwini: Phuma uye ezindleleni nasezintangweni, ubacindezele bangene ukuba igcwale indlu yami.

24 Ngokuba ngithi kini: Ayikho neyodwa yalawo madoda abemenyiwe eyakulizwa idili lami.

### Abafundi bakaJesu abayibo

(Math. 10:37)

25 Kwakuhamba naye izixuku eziningi; waphenduka, wathi kuzo:

26 Uma umuntu eza kimi engamzondi uyise, nonina, nomkakhe, nabantwana, nabafowabo, nawodadewabo, yebo, nokuphila kwakhe, angebe ngumfundi wami.

27 Nalowo ongathwali isiphambano sakhe, angilandele, angebe ngumfundi wami.

28 Ngokuba ngumuphi kini othi efuna ukwakha umbhoshongo, angaqali ahlale phansi, abale izindleko ukuthi unakho okokuwuqeda na?

29 Funa kuthi esebeke isisekelo, engenamandla okuqeda, bonke abakubonayo baqale ukumhleka,

30 bathi: Lo muntu waqala kabanga namandla okuqeda.

31 Noma yiyiphi inkosi eya kwenye inkosi ukuhlaselana nayo engaqali ihlale phansi, ihlole ukuba inamandla yini ukuhlangabezana ngezinkulungwane eziyishumi naleyo eza kuyo, inezinkulungwane ezingamashumi amabili na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32Kepha uma kungenzeke, ingathi isekude leyo, ithuma amanxusa, icele okokuthula.

33Kunjalo-ke yilowo nalowo kini ongavalelisi nakho konke anakho angebe ngumfundi wami.

34 Usawoti uyinto enhle; kepha uma usawoti edumele, uyakuhlaziywa ngani na?

35Akasafanele namhlabathi namquba; uyalahlwa nje phandle; onezidlebe zokuzwa makezwe.

## NgokukaLuka 15

### Okulahlekileyo: imvu, uhlamvu lwesiliva, indodana

1 Kwase kusondela kuye bonke abathelisi nezoni ukumuzwa.

2AbaFarisi nababhali base bakhonona bethi: Lo muntu wamukela izoni, adle nazo.

3Wayesebalandisa lo mfanekiso, ethi:

4 Ngumuphi umuntu kini onezimvu eziyikhulu, alahlekelwe ngenye kuzo, angazishiyi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ehlane, aye kwelahlekileyo, aze ayithole, na?

5Athi eseyitholile, ayetshathe ethokoza.

6Esefike ekhaya ameme abahlobo nabakhelwane, athi kubo: Thokozani nami, ngokuba ngiyitholile imvu yami ebilahlekile.

7Ngithi kini: Kanjalo kuyakuba khona ukuthokoza ezulwini ngesoni sisinye esiphendukayo, kunabalungileyo abangamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye abangasweli ukuphenduka.

8 Noma ngumuphi owesifazane othi enezinhlamvu zesiliva eziyishumi, uma elahlekelwe luhlamvu lwaba lunye, angokheli isibani, ashanele indlu, afunisise, aze aluthole?

9Athi ukuba aluthole, abize abahlobo nabakhelwane, athi: Thokozani nami, ngokuba ngilutholile uhlamvu lwami obelungilahlekele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Ngithi kini: Kanjalo kukhona ukuthokoza phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu ngesoni sisinye esiphendukayo.

11Wayesethi: Umuntu othile wayenamadodana amabili.

12Encane yawo yayisithi kuyise: Baba, nginike isabelo sefa esiqondene nami; wawahlukanisela impahla.

13 Kwathi emva kwezinsuku ezingeziningi indodana encane yayisibutha konke, yamuka, yaya ezweni elikude, yachitha khona imfuyo yayo ihamba ngokonakala.

14 Isisaphaze konke, kwavela indlala enkulu kulelo zwe; yaqala ukuswela.

15Yayisiya kukhonza komunye umuntu walelo zwe; yena wayithuma emadlelweni akhe ukuba yaluse izingulube.

16Yafisa ukuzisuthisa ngemidumba edliwa yizingulube; kepha kayiphiwanga muntu.

17 Kuthe sekusile kuyo, yathi: Bangaki abaqashwa bakababa abanokudla okuningi, kanti mina ngifa indlala lapha.

18Ngiyakusuka, ngiye kubaba, ngithi: Baba, ngonile kulo izulu naphambi kwakho;

19angisafanele ukuthiwa indodana yakho; ngenze ngibe njengomunye wabaqashwa bakho.

20Yayisisuka, yafika kuyise; kepha kuthe isekude, uyise wayibona, waba nesihe, wagijima, wayisingatha entanyeni, wayanga.

21 Indodana yayisithi kuye: Baba, ngonile kulo izulu naphambi kwakho; angisafanele ukuthiwa indodana yakho.

22 Kepha uyise wathi ezincekwini zakhe: Sheshani nikhiphe ingubo enhle kunazo zonke, niyembathise, nifake indandatho esandleni sayo nezicathulo ezinyaweni,

23nilethe ithole elikhuluphalisiweyo, nilihlabe, sidle, sijabule;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24ngokuba le ndodana yami ibifile, yabuye yaphila; ibilahlekile, seyatholakala; base beqala ukujabula.

25 Kepha indodana yakhe enkulu yayisensimini; yathi iseza isondela endlini, yezwa ukuhlabelela nokusina.

26Yabiza omunye wabafana, yabuza ukuthi kwenze njani lokho.

27Wathi kuyo: Kufike umfowenu; uyihlo wahlaba ithole elikhuluphalisiweyo, ngokuba ubuye wamthola ephilile.

28 Kepha yathukuthela, kayivumanga ukungena; uyise wayesephuma, wayincenga.

29Kodwa yaphendula, yathi kuyise: Bheka, iminyaka engaka ngikukhonzile; angizange ngeqe umyalo wakho, kepha mina awuzange ungiphe nazinyane lembuzi ukuba ngijabule nabahlobo bami,

30kodwa kuthe ukuba ifike leyo ndodana yakho eqede imfuyo yakho nezifebe, wayihlabisa ithole elikhuluphalisiweyo.

31 Wayesethi kuyo: Mntanami, wena uhlala nami njalo; konke okwami kungokwakho.

32Kepha simelwe ukujabula, sithokoze, ngokuba umfowenu lo wayefile, wabuye waphila; wayelahlekile, sewatholakala.

## NgokukaLuka 16

### Umphathi ongathembekile

1Wayesekhuluma nakubafundi bakhe, ethi: Kwakukhona umuntu othile oyisicebi, owayenomphathi; yena wamangalelwa kuye ngokuthi uchitha impahla yakhe.

2Wambiza, wathi kuye: Kuyini lokhu engikuzwa ngawe na? Landa ngobuphathi bakho, ngokuba ungebe usaba ngumphathi.

3 Wayesethi umphathi phakathi kwakhe: Ngizakwenze njani, lokhu inkosi yami ingaphuca ubuphathi? Anginamandla okulima, nginamahloni ukunxiba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Ngiyakwazi engiyakukwenza ukuba bangamukele ezindlini zabo, nxa ngikhishwa ebuphathini.

5 Wababiza ngabanye abanamacala enkosini yakhe, wathi kowokuqala: Unecala elingakanani enkosini yami na?

6 Wathi: Amabhati ayikhulu amafutha. Wayesethi kuye: Thatha incwadi yakho, usheshe uhlale phansi, ulobe amashumi ayisihlanu.

7 Khona wathi komunye: Wena-ke unecala elingakanani na? Wathi: Izilinganiso eziyikhulu zikakolweni. Wathi kuye: Thatha incwadi yakho, ulobe amashumi ayisishiyagalombili.

8 Inkosi yambabaza umphathi ongalungile ngokuthi wenze ngokuhlakanipha, ngokuba abantwana balesi sikhathi bahlakaniphile esizukulwaneni sabo kunabantwana bokukhanya.

9 Nami ngithi kini: Zenzeleni nina abahlobo ngokukaMamona ongalungile, ukuze kuthi, nxa kuphelile, banamukele ezindlini eziphakade.

10 Othembekile kokuncinyane uthembekile nakokukhulu; ongalungile kokuncinyane kalungile nakokukhulu.

11Ngakho uma beningathembeki kokukaMamona ongalungile, ubani oyakuniphathisa okuyikhonakhona na?

12Futhi uma beningathembeki kokomunye, ubani oyakuninika okungokwenu na?

13 Akukho nceku engakhonza amakhosi amabili, ngokuba kokunye iyakuzonda enye, ithande enye, noma ibambelele kwenye, iyeyise enye. Ningeze nakhonza uNkulunkulu noMamona.

14AbaFarisi ababethanda imali bakuzwa konke lokho, bamklolodela.

15 Wayesethi kubo: Nina ningabazishaya abalungileyo emehlweni abantu; kepha uNkulunkulu uyazazi izinhliziyo zenu, ngokuba lokho okuphakemeyo phakathi kwabantu kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Umthetho nabaprofethi kwakukhona kwaze kwafika uJohane; kusukela kuleso sikhathi ivangeli lombuso kaNkulunkulu liyashunyayelwa, wonke umuntu uphika ngokufuzula kuwo.

17 Kepha kulula ukuba kudlule izulu nomhlaba kunokuba kuwe ibalana elilodwa lomthetho.

### Ukuhlalisana kwabaganeneyo

(Math. 19:3; Mark. 10:1)

18 Yilowo nalowo olahla umkakhe, aganwe ngomunye, uyaphinga; noganwa ngolahliwe yindoda uyaphinga.

### Isicebi noLazaru

19 Kwakukhona umuntu othile onothileyo, owayegqoka ezibubende nezelineni elihle, ezijabulisa imihla ngemihla etamasa.

20 Kwakukhona futhi ompofu othile, nguLazaru igama lakhe, owayelahliwe ngasesangweni lakhe egcwele izilonda,

21 enxanela ukusuthiswa ngemvuthuluka ewa etafuleni lesicebi; yebo, kweza nezinja, zamkhotha izilonda.

22 Kwase kuthi wafa ompofu, wathwalwa yizingelosi, wasiwa esifubeni sika-Abrahama; nesicebi safa, sembelwa.

23 SesiseHayidese saphakamisa amehlo aso, sisebuhlungwini, sambona u-Abrahama ekude, noLazaru esesifubeni sakhe.

24 Samemeza sathi: Baba Abrahama, ngihawukele, uthume uLazaru, agcobhoze isihloko somunwe wakhe emanzini, aphozise ulimi lwami, ngokuba ngiyahlushwa kuleli langabi.

25 Kepha u-Abrahama wathi: Ndodana, khumbula ukuba wamukela okuhle kwakho usesekuphileni noLazaru kanjalo okubi; kodwa manje uyaduduzwa yena lapha, wena uyahlushwa.

26 Nangaphezu kwakho konke lokho kubekiwe umhosha omkhulu phakathi kwethu nani ukuba abafuna ukusuka lapha baye kini bangekwenze, nabalapho bangaweleli kithi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27 Sase sithi: Njalo ngiyakucela, baba, ukuba umthumele endlini kababa,

28ngokuba nginabafowethu abayisihlanu, ukuze afakaze kubo, bangezi nabo kule ndawo yobuhlungu.

29 Kepha u-Abrahama wathi: BanoMose nabaprofethi; mabezwe bona.

30 Sathi-ke: Qha, baba Abrahama, kodwa uma kusuka umuntu kwabafileyo, aye kubo, bayakuphenduka.

31 Kepha wathi kuso: Uma bengalaleli uMose nabaprofethi, kabayikuvunyiswa, noma kuvuka umuntu kwabafileyo.

## NgokukaLuka 17

### Izikhubekiso. Ukuthethelelana. Inkonzo

1 Wayesethi kubafundi bakhe: Kungeze kwenzeka ukuba kungaveli izikhubekiso; kodwa maye kulowo ezivela ngaye!

2Kungcono kuye ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakhe, alahlwe elwandle, kunokuba akhubekise abe munye kulaba abancinyane.

3 Xwayani nina. Uma umfowenu ona, mkhuze; uma ephenduka, mthethelele.

4Noma ekonela kasikhombisa ngosuku, abuyele kuwe kasikhombisa, ethi: Ngiyaphenduka, womthethelela.

5Abaphostoli base bethi eNkosini: Yandisa ukukholwa kwethu.

6 Yayisithi iNkosi: Uma beninokukholwa okungangenhlamvu yesinaphi, beningasho kulo mthombe: Simbuka, utshaleke elwandle, ubuyakunilalela.

7 Ngumuphi kini onenceku elimayo nokuba eyalusayo, athi kuyo ibuya endle: Sondela masinyane, uhlale phansi, udle ?

8Kodwa akayikusho kuyo ukuthi: Lungisa engizakukudla, uzibophe, ungiphakele, ngize ngidle, ngiphuze, andukuba udle, uphuze wena, na?

9Uyayibonga yini inceku, ngokuba yenzile ekuyaliweyo na?

10Kunjalo nani, nxa nikwenzile konke enikuyaliweyo, anothi: Asizinceku zalutho; sikwenzile nje ebesifanele ukukwenza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

### Ukuphulukiswa kwabanochoko abayishumi

11 Kwathi esehamba ukuya eJerusalema, wadabula iSamariya neGalile.

12Esangena emzaneni othile, kwahlangana naye amadoda ayishumi anochoko, amela kude,

13aphakamisa izwi, athi: Jesu Nkosi, sihawukele!

14 Kuthe ewabona, wathi kuwo: Hambani, niyoziveza kubapristi. Kwathi esahamba, ahlanjululwa.

15Enye yawo isibona ukuthi iphulukisiwe, yabuya imdumisa uNkulunkulu ngezwi elikhulu,

16yawa ngobuso ngasezinyaweni zakhe imbonga; yayingumSamariya.

17Kepha uJesu waphendula wathi: Akuhlanjululwanga abayishumi na? Baphi, pho, abayisishiyagalolunye na?

18Abafunyaniswanga yini ababuyela ukumnika uNkulunkulu udumo, kuphela lona wezizwe na?

19Wayesethi kuye: Sukuma uhambe; ukukholwa kwakho kukusindisile.

### Umbuso kaNkulunkulu; ukubuya kweNdodana yomuntu

20 Ebuzwe ngabaFarisi ukuthi umbuso kaNkulunkulu uzakufika nini, wabaphendula wathi: Umbuso kaNkulunkulu awufiki ubonwa ngamehlo.

21Futhi kabayikusho ukuthi: Bhekani, nanku, nokuba, nankuya; ngokuba bhekani, umbuso kaNkulunkulu uphakathi kini.

22Wayesethi kubafundi bakhe: Kuzakufika izinsuku, lapho niyakufisa ukubona lube lunye lwezinsuku zeNdodana yomuntu, kepha aniyikulubona.

23 Bayakuthi kini: Bhekani, nansiya; bhekani, nansi; maningayi, ningalandeli.

24Ngokuba njengonyazi, nxa lunyazima kwenye indawo phansi kwezulu, lukhanya luze lufike kwenye indawo phansi kwezulu, yoba njalo iNdodana yomuntu ngosuku lwayo.

25Kepha kuqala imelwe ukuhlupheka ngokuningi, yaliwe yilesi sizukulwane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26 Njengokuba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo nasemihleni yeNdodana yomuntu.

27 Babedla, bephuza, beganwa, bendiswa, kwaze kwafika usuku uNowa angena ngalo emkhunjini, kwafika uzamcolo, wababhubhisa bonke.

28 Kanjalo njengokuba kwenzeka nasemihleni kaLoti, babedla, bephuza, bethenga, bethengisa, betshala, bakha;

29kepha ngosuku uLoti aphuma ngalo eSodoma lana umlilo nesibabule kuvela ezulwini, kwababhubhisa bonke;

30kuyakuba njalo ngosuku eyakwambulwa ngalo iNdodana yomuntu.

31Ngalolo suku oyakuba phezu kwendlu, impahla yakhe isendlini, kangehli ukuyithatha; njalo nosensimini kangabuyeli emuva.

32 Khumbulani umkaLoti.

33 Ofuna ukuzuza ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho, kepha olahlekelwa yikho uyakukulondoloza.

34Ngithi kini: Ngalobo busuku kuyakuba khona ababili embhedeni munye; omunye uyakuthathwa, omunye ashiywe.

35Kuyakuba khona ababili besila ndawonye; omunye uyakuthathwa, omunye ashiywe.

36Kuyakuba khona ababili ensimini; omunye uyakuthathwa, omunye ashiywe.

37Base bephendula, bethi kuye: Kuphi, Nkosi? Wathi kubo: Lapho kukhona isidumbu, kulapho amanqe eyakubuthana khona.

## NgokukaLuka 18

### Umahluleli ongalungile

1Wabalandisa umfanekiso wokuthi bamelwe ukukhuleka njalo, bangadangali.

2Wathi: Kwakukhona emzini othile umahluleli othile owayengamesabi uNkulunkulu, enganaki muntu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Kulowo muzi kwakukhona futhi umfelokazi owayelokhu efika kuye, ethi: Ngizwele esitheni sami.

4 Kwaba yisikhathi engavumi; kepha ngasemuva wathi phakathi kwakhe: Nakuba ngingamesabi uNkulunkulu, nginganaki muntu,

5nokho-ke ngokuba lo mfelokazi engikhathaza njalo, ngiyakumzwela, funa angizuke ngokufika njalonjalo.

6Yayisithi iNkosi: Yizwani okushiwo ngumahluleli ongalungile.

7UNkulunkulu kayikubezwela yini abakhethiweyo bakhe abakhala kuye imini nobusuku, ababekezelele, na?

8Ngithi kini: Uzakubezwela masinyane. Nokho nxa ifika iNdodana yomuntu, imbala iyakufumana ukukholwa emhlabeni na?

### UmFarisi nomthelisi ethempelini

9Wayesekhuluma kwabathile ababezethemba ukuthi balungile, bedelela abanye, ebalandisa lo mfanekiso ngokuthi:

10 Abantu ababili benyukela ethempelini beya kukhuleka, omunye engumFarisi, omunye engumthelisi.

11UmFarisi wema wazikhulekela ngokuthi: Nkulunkulu, ngiyakubonga ngokuba ngingenjengabanye abantu: izigcwelegcwele, abangalungile, iziphingi, nanjengalo mthelisi.

12Ngizila ukudla kabili ngeviki, nginikela okweshumi kukho konke enginakho.

13 Kepha umthelisi emi kude wayengafuni nakuphakamisela amehlo akhe ngasezulwini, kodwa washaya isifuba sakhe, ethi: Nkulunkulu, ngihawukele mina soni.

14 Ngithi kini: Lo wehlela endlini yakhe elungisisiwe kunomunye. Ngokuba yilowo nalowo oziphakamisayo uzakuthotshiswa, kodwa ozithobayo uzakuphakanyiswa.

### Ukubusiswa kwabantwana

(Math. 19:13; Mark. 10:13)

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Baletha kuye nabantwanyana ukuba abaphathe; kepha abafundi bekubona babakhuza.

16Kodwa uJesu wababizela kuye, wathi: Vumelani abantwana beze kimi, ningabenqabeli, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo.

17Ngiqinisile ngithi kini: Yilowo nalowo ongamukeli umbuso kaNkulunkulu njengomntwana kasoze angena kuwo.

### Insizwa enothileyo
(Math. 19:16; Mark. 10:17)

18Umbusi othile wayesembuza ethi: Mfundisi omuhle, ngiyakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na?

19Kepha uJesu wathi kuye: Ungibizelani ngokuthi ngimuhle na? Kakho omuhle, munye kuphela, uNkulunkulu.

20 Uyayazi imiyalelo ukuthi: Ungaphingi, ungabulali, ungebi, ungafakazi amanga, yazisa uyihlo nonyoko.

21Kepha wathi: Konke lokho ngikugcinile kwasebusheni bami.

22UJesu ekuzwa lokho wathi kuye: Usasilalelwe into inye: thengisa ngakho konke onakho, wabele abampofu, khona uzakuba negugu ezulwini; uze ungilandele.

23Kuthe ekuzwa lokho, wadabuka impela, ngokuba wayenothile kakhulu.

24UJesu embona wathi: Kulukhuni kangakanani kwaba nomnotho ukungena embusweni kaNkulunkulu.

25Kulula ukuba ikamela lingene ngentunja yosungulo kunokuba onothileyo angene embusweni kaNkulunkulu.

26Abezwayo base bethi: Pho, kungasindiswa bani na?

27 Kepha wathi: Okungenzeki kubantu kungenzeka kuNkulunkulu.

### Umvuzo wokuzidela
(Math. 19:27; Mark. 10:28)

28Wayesethi uPetru: Bheka, thina sishiye okwethu, sakulandela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29Wathi kubo: Ngiqinisile ngithi kini: Akukho muntu oshiye indlu, noma umkakhe, noma abafowabo, noma abazali, noma abantwana ngenxa yombuso kaNkulunkulu,

30ongayikwamukeliswa okuphindwe kaningi kulesi sikhathi nasenkathini ezayo ukuphila okuphakade.

### UJesu ukhuluma ngokuhlupheka kwakhe

(Math. 20:17; Mark. 10:32)

31Wayesebasondeza kuye abayishumi nambili, wathi kubo: Bhekani, sikhuphukela eJerusalema; konke okulotshwe ngabaprofethi ngeNdodana yomuntu kuyakugcwaliseka.

32Ngokuba izakukhashelwa kwabezizwe, iklolodelwe, idunyazwe, ikhafulelwe ngamathe,

33bayishaye, bayibulale; kepha ngosuku lwesithathu izakuvuka.

34Kepha bona kabaqondanga lutho lwalokho; lelo zwi lalifihlakele kubo, abakuqondanga obekushiwo.

35Kwathi esesondela eJeriko, impumputhe ethile yayihlezi ngasendleleni inxiba.

36Isizwa isixuku sidlula, yabuza ukuthi: Kuyini lokhu?

37Base beyitshela ukuthi: Kudlula uJesu waseNazaretha.

38Yayisimemeza ithi: Jesu, Ndodana kaDavide, ngihawukele!

39Ababehamba phambili bayikhuza ukuba ithule kepha kwayikhona imemeza kakhulu yona, ithi: Ndodana kaDavide, ngihawukele!

40Wema-ke uJesu, wayala ukuba ilethwe kuye. Isisondele, wayibuza wathi:

41 Ufuna ukuba ngikwenzeleni na? Yathi: Nkosi, ukuba ngibone.

42UJesu wathi kuyo: Bona! Ukukholwa kwakho kukusindisile.

43Yayisibona khona lapho, yamlandela imdumisa uNkulunkulu, nabantu bonke bekubona bamnika uNkulunkulu indumiso.

## NgokukaLuka 19

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### UJesu ungenisa kwaZakewu

1Wangena eJeriko, wadabula khona.

2Bheka, kwakukhona indoda, igama layo linguZakewu, ingumthelisi omkhulu, icebile.

3Yayifuna ukumbona uJesu ukuthi ungubani; yahluleka ngenxa yesixuku, ngokuba yayimfushane.

4Yagijimela phambili, yakhwela emthombeni ukuba imbone, ngokuba ebezakudlula ngakhona.

5Esefikile uJesu kuleyo ndawo wabheka phezulu, wathi kuyo: Zakewu, shesha wehle, ngokuba namuhla ngimelwe ukuhlala endlini yakho.

6Washesha wehla, wamamukela ngokuthokoza.

7Kuthe bekubona, bakhonona bonke, bathi: Uye kungenisa kwandoda eyisoni.

8 Kodwa uZakewu wasukuma, wathi eNkosini: Bheka, Nkosi, ngipha abampofu inxenye yempahla yami; kuthi uma ngimaphucile umuntu into ngamacebo, ngiyibuyisa iphindwe kane.

9UJesu wathi kuye: Namuhla insindiso ifikile kule ndlu, lokhu naye eyindodana ka-Abrahama.

10 Ngokuba iNdodana yomuntu ize ukufuna nokusindisa okulahlekileyo.

### Omina* abayishumi
(Math. 25:14)

11 Kuthe ukuba bakuzwe lokho, weleka walandisa umfanekiso, ngokuba ebeseduze neJerusalema nangokuba bebethi umbuso kaNkulunkulu uzakubonakala masinyane.

12 Wathi-ke: Umuntu othile wohlanga olukhulu waya ezweni elikude eyozithathela umbuso, abuye.

13Wayesebiza izinceku zakhe eziyishumi, wazinika omina abayishumi, wathi kuzo: Hwebani ngabo, ngize ngibuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Kepha abantu bomuzi wakhe babemzonda, bathuma amanxusa emva kwakhe, bethi: Asithandi ukuba lo abuse phezu kwethu.

15 Kwathi esebuyile ekuthatheni umbuso, wathi azibizelwe kuye lezo zinceku abezinike imali ukuba azi ukuthi yileyo naleyo izuzeni ngokuhweba.

16 Yavela-ke eyokuqala, yathi: Nkosi, umina wakho uzuze omina abayishumi.

17 Wathi kuyo: Kuhle-ke, nceku enhle; lokhu ufunyanwe uthembekile kokuncinyane, uzakubusa phezu kwemizi eyishumi.

18 Yafika neyesibili, yathi: Umina wakho, Nkosi, uzuze omina abayisihlanu.

19 Wathi nakuleyo: Nawe yiba phezu kwemizi eyisihlanu.

20 Kwafika nenye, yathi: Nkosi, nangu umina wakho ebengimkhwezile esongwe endwangwini.

21Ngokuba bengikwesaba, lokhu ungumuntu olukhuni; uthabatha ongakubekanga, uvuna ongakuhlwanyelanga.

22 Wathi kuyo: Ngizakukwahlulela ngomlomo wakho wena nceku embi. Ubuwazi ukuba ngingumumtu olukhuni, ngithabatha engingakubekanga, ngivuna engingakuhlwanyelanga;

23awufakanga ngani imali yami ebhange, mina-ke ekufikeni kwami ngabe ngiyibizile kanye nenzalo, na?

24 Wayesethi kwababemi khona: Maphuceni umina, nimnike onawomina abayishumi.

25 Kepha bathi kuye: Nkosi, unawomina abayishumi.

26 Ngithi kini: Yilowo nalowo onakho uyakuphiwa, kepha ongenakho uyakwaphucwa nalokho anakho.

27Kodwa lezo zitha zami ezazingathandi ukuba ngibuse phezu kwazo, ziletheni lapha, nizibulale phambi kwami.

28Eseshilo lokho waqhubekela phambili, wakhuphukela eJerusalema.

**UJesu ungena eJerusalema**

(Math. 21:1; Mark. 11:1; Joh. 12:12)

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

29Kwathi esondele eBetfage naseBethaniya ngasentabeni ethiwa eYeminqumo, wathuma ababili kubafundi bakhe,

30ethi: Hambani niye emzaneni obhekene nani, nothi ukuba ningene kuwo, nizakufumana ithole lembongolo likhulekiwe, okungazange kuhlale muntu kulo; lithukululeni, nililethe.

31Uma umuntu enibuza ethi: Nilithukululelani na? anothi: INkosi iyalidinga.

32Ababethunyiwe bahamba-ke, bafumana kunjengokusho kwakhe kubo.

33Kuthe besalithukulula ithole, abaninilo bathi kubo: Nilithukululelani ithole na?

34Bathi: INkosi iyalidinga.

35Base beliletha kuJesu; babeka izingubo zabo phezu kwethole, bamkhwelisa uJesu.

36Esahamba, babendlala izingubo zabo endleleni.

37Esesondela ekwehleleni kweNtaba Yeminqumo, isixuku sonke sabafundi saqala ukuthokoza nokumdumisa uNkulunkulu ngezwi elikhulu ngemisebenzi yonke yamandla esiyibonileyo,

38 sithi: Ubusisiwe uMbusi ozayo egameni leNkosi, ukuthula ezulwini nenkazimulo kweliphezulu!

39Abanye babaFarisi besesixukwini bathi kuye: Mfundisi, bakhuze abafundi bakho.

40 Waphendula wathi: Ngithi kini: Uma bethula laba, amatshe azakumemeza.

41Kwathi esondela, ewubona umuzi, wawukhalela.

42Wathi: Sengathi nga wazi nawe ngalolu suku okokuthula. Kepha kalokhu kufihlakele emehlweni akho.

43Ngokuba uyakufikelwa yizinsuku, lapho izitha ziyakukukaka ngodonga lwempi, zikuhaqe, zikuvimbezele nxazonke,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

44zikuwise phansi, wena nabantwana abakuwe, zingashiyi itshe phezu kwetshe phakathi kwakho, ngokuba ungasazanga isikhathi sokuhanjelwa kwakho.

### Ukuhlanzwa kwethempeli
(Math. 21:12; Mark. 11:15)

45Wangena ethempelini, waqala ukuxosha abathengisayo,

46 wathi kubo: Kulotshiwe ukuthi: Indlu yami iyakuba yindlu yokukhuleka, kepha nina niyenze Umhume wabaphangi .

47Wayefundisa ethempelini imihla ngemihla. Kepha abapristi abakhulu, nababhali, nezikhulu zabantu bafuna ukumbulala.

48Kodwa babengatholi ukuthi bangenzani, ngokuba abantu bonke babebambelela kuye bemuzwa.

## NgokukaLuka 20

### Igunya likaJesu
(Math. 21:23; Mark. 11:27)

1Kwathi ngolunye lwezinsuku lezo esafundisa abantu ethempelini, eshumayela ivangeli, abapristi abakhulu nababhali bekanye namalunga bamvukela.

2Bakhuluma, bathi kuye: Sitshele ukuthi lokhu ukwenza ngagunya lini, nokuba ngubani okunike leli gunya na?

3Waphendula, wathi kubo: Nami ngizakunibuza izwi, nize ningitshele.

4Ukubhapathiza kukaJohane kwavela ezulwini noma kubantu na?

5Bazindlisana bodwa, bathi: Uma sithi: Ezulwini, uzakuthi: Anikholwanga nguye ngani na?

6Kepha uma sithi: Kubantu, abantu bonke bazakusikhanda ngamatshe, ngokuba bakholiwe ukuthi uJohane ungumprofethi.

7Base bephendula ukuthi abazi lapho evela khona.

8UJesu wayesethi kubo: Nami-ke anginitsheli ukuthi ngenza lokhu ngagunya lini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

## Umfanekiso wabalimi besivini

(Math. 21:33; Mark. 12:1)

9 Wayeseqala ukulandisa lo mfanekiso, ethi kubantu: Umuntu watshala isivini, wasiqashisa kubalimi, waya kwelinye izwe isikhathi eside.

10 Ngenkathi efaneleyo wayesethumela inceku kubalimi ukuba bamnike ezithelweni zesivini; kepha abalimi bayishaya, bayimukisa ze.

11 Waphinda wathuma enye inceku; naleyo bayishaya, bayidumaza, bayimukisa ze.

12 Wayesephinda ethuma neyesithathu; nalena bayilimaza, bayiphonsa ngaphandle.

13 Khona wathi umninisivini: Ngizakwenze njani na? Ngizakuthuma indodana yami ethandekayo; mhlawumbe lena bazakuyazisa.

14 Kepha abalimi beyibona bakhulumisana bathi: Lo uyindlalifa; masiyibulale ukuba ifa libe ngelethu.

15 Bayiphonsa ngaphandle kwesivini, bayibulala; ngakho-ke umninisivini uzakwenze njani kubo na?

16 Uzakuza, ababhubhise labo balimi, isivini asinike abanye. Bekuzwa bathi: Qha, makungabi njalo.

17 Kepha wababheka, wathi: Yini, pho, lokhu okulotshiweyo ukuthi: Itshe abalinqabayo abakhi lona laba yinhloko yegumbi ?

18 Yilowo nalowo owayo phezu kwalelo tshe uyakuphohlozwa, kepha lowo eliyakuwela phezu kwakhe liyakumcolisa.

## Intela kaKesari

(Math. 22:15; Mark. 12:13)

19 Ababhali nabapristi bafuna ukumbamba khona lapho, kepha besaba abantu, ngokuba bazi ukuthi uwukhulumile lo mfanekiso ngabo.

20 Bamqaphela, bathuma izinhloli ezizishaya abalungileyo ukuba bamhile ngezwi lakhe, baze bamkhaphele emandleni nasegunyeni lombusi wezwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

21Bambuza-ke bathi: Mfundisi, siyazi ukuthi ukhuluma, ufundisa ngokuqondileyo, awukhethi buso bamuntu, kepha ufundisa indlela kaNkulunkulu ngokuqinisileyo.

22Sivunyelwe ukuthela kuKesari noma qha?

23Kepha eqonda ubuqili babo wathi kubo:

24 Ngiboniseni udenariyu; unomfanekiso nombhalo kabani? Bathi: OkaKesari.

25Wayesethi kubo: Ngakho-ke nikani uKesari okukaKesari noNkulunkulu okukaNkulunkulu.

26Abaze baba namandla ukumhila ngezwi lakhe phambi kwabantu; bamangala ngokuphendula kwakhe, bathula.

### Ukuvuka kwabafileyo

(Math. 23:23; Mark. 12:13)

27Kwase kufika kuye abathile babaSadusi abathi akukho ukuvuka kwabafileyo;

28 bambuza bathi: Mfundisi, uMose wasilobela ukuthi, uma kufa umfowabo womuntu enomfazi kepha engenamntwana, umfowabo makamthathe umkakhe, amvusele umfowabo inzalo.

29Kwakukhona izelamani eziyisikhombisa; owokuqala wathatha umfazi; wafa engenamntwana,

30nowesibili;

31nowesithathu wamthatha; kanjalo-ke abayisikhombisa; bafa bengashiyanga bantwana.

32Ukugcina wafa nomfazi.

33Ngakho-ke ekuvukeni owesifazane uyakuba ngumfazi wamuphi kubo, lokhu abayisikhombisa babe naye engumkabo.

34UJesu wathi kubo: Abantwana bale nkathi bayaganwa, bayendiswa.

35Kepha labo abazakuthiwa bafanele ukufinyelela kuleyo nkathi nasekuvukeni kwabafileyo kabaganwa, kabendiswa;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

36ngokuba bangebuye bafe, banjengezingelosi; bangabantwana bakaNkulunkulu bengabantwana bokuvuka.

37 Kepha ukuthi bayavuswa abafileyo, noMose wakubonakalisa esihlahleni, lapho eyibiza iNkosi ngokuthi uNkulunkulu ka-Abrahama, noNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe.

38UNkulunkulu kasiye owabafileyo kodwa owabaphilayo, ngokuba bonke baphila kuye.

39Abathile bababhali baphendula bathi: Mfundisi, ukhulume kahle.

40Ngokuba babengasenasibindi sokumbuza lutho.

**UMesiya nemvelo yakhe**
(Math. 22:41; Mark. 12:35)

41Wayesethi kubo: Basho kanjani ukuthi uKristu uyindodana kaDavide na?

42 lokhu uDavide uqobo uthi eNcwadini yamaHubo: INkosi yathi eNkosini yami: Hlala ngakwesokunene sami,

43ngize ngibeke izitha zakho zibe yisenabelo sezinyawo zakho.

44 Ngakho uDavide umbiza ngokuthi iNkosi; pho, uyindodana yakhe kanjani na?

45Besalalele abantu bonke, wathi kubafundi bakhe:

46 Xwayani ababhali abafuna ukuhamba bembethe izingubo ezinde, bethanda ukubingelelwa ezigcawini nokuhlala phambili emasinagogeni nasezindaweni ezingenhla ekudleni,

47abadla izindlu zabafelokazi, bekhuleka isikhathi eside ngokuzenzisa; laba bayakwamukeliswa ukulahlwa okukhulu.

## NgokukaLuka 21

**Umnikelo womfelokazi**
(Mark. 12:41)

1 Kwathi ebheka, wabona abacebileyo bebeka iminikelo yabo emphongolweni womnikelo.

2Wabona nomfelokazi othile ompofu ebeka khona amafadingi amabili;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[3]wathi: Ngiqinisile ngithi kini: Lo mfelokazi ompofu ubeke okuningi kunabo bonke.

[4]Ngokuba bonke laba babeka eminikelweni kokuchichimileyo kwabo, kepha yena ebumpofini bakhe ubeke konke abephila ngakho.

### Ukuchithwa kweJerusalema nokufika kweNdodana yomuntu

(Math. 24:1; Mark. 13:1)

[5]Besakhuluma abanye ngethempeli ukuthi lihlotshiswe ngamatshe amahle nangezipho, wathi kubo:

[6] Kuyakufika izinsuku, lapho kungayikushiywa kulokhu enikubonayo itshe phezu kwetshe elingayikudilizelwa phansi.

[7]Base bembuza bethi: Mfundisi, lokhu kuyakuba nini na? Nesibonakaliso siyakuba yini, lapho sekuyakwenzeka lokhu, na?

[8]Wathi: Qaphelani ningadukiswa, ngokuba kuyakuza abaningi ngegama lami, bathi: Nginguye; bathi futhi: Isikhathi sesisondele; maningabalandeli.

[9]Nxa nizwa ngezimpi neziyaluyalu, ningethuki, ngokuba kumelwe ukuba kwenzeke lokho kuqala, kepha ukuphela akukabikho masinyane.

[10]Khona wathi kubo: Isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso;

[11]kuyakuba khona ukuzamazama okukhulu komhlaba, nobhici, nendlala izindawo ngezindawo, kube khona izinto ezesabekayo nezibonakaliso ezinkulu ezivela ezulwini.

[12] Kepha ngaphambi kwakho konke lokho bayakunibamba, banizingele, banikhaphele emasinagogeni nasematilongweni, baniyise phambi kwamakhosi nababusi ngenxa yegama lami.

[13]Kuyakunehlela kube ngubufakazi.

[14]Ngakho kugcineni ezinhliziyweni zenu ukuba ningazindli ngaphambili eniyakuziphendulela ngakho;

[15]ngokuba mina ngiyakuninika umlomo nokuhlakanipha abangemelane nakho, bakuphike, bonke abayimpi kini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16Yebo, niyakukhashelwa nangabazali, nabafowenu, nezihlobo, nabangane;
abanye benu bayakubulawa yibo.

17Niyakuzondwa yibo bonke ngenxa yegama lami.

18Akuyikulahleka nalunwele lwekhanda lenu.

19 Ngokukhuthazela kwenu niyakuzuza imiphefumulo yenu.

20 Kepha nxa nibona iJerusalema lihaqiwe yizimpi, yazini ukuthi sekusondele
ukuchithwa kwalo.

21Khona abaseJudiya mababalekele ezintabeni, abaphakathi kwalo baphume,
abasemaphandleni bangangeni kulo.

22Ngokuba lezi ziyizinsuku zempindiselo ukuba kugcwaliseke konke
okulotshiweyo.

23Maye kwabakhulelweyo nabancelisayo ngalezo zinsuku! Ngokuba kuyakuba
khona ukuhlupheka okukhulu emhlabeni nentukuthelo phezu kwalesi sizwe.

24 Bayakuwa bedliwa yinkemba, bathunjelwe ezizweni zonke; iJerusalema
liyakunyathelwa phansi ngabezizwe, kuze kugcwaliseke izikhathi zabezizwe.

25 Kuyakuba khona izibonakaliso elangeni nasenyangeni nasezinkanyezini;
nasemhlabeni usizi luyakwehlela izizwe, zixakeke ngokuduma kolwandle
namaza,

26abantu baphele amandla ngokwesaba nangokubheka okuvelela umhlaba
ngokuba amandla ezulu ayakunyakaziswa.

27 Khona bayakuyibona iNdodana yomuntu iza efwini, inamandla
nenkazimulo enkulu.

28Kepha nxa kuqala ukuvela lokho, lulamani, niphakamise amakhanda enu,
ngokuba kusondele ukukhululwa kwenu.

29Wabalandisa umfanekiso wokuthi: Bhekani umkhiwane nemithi yonke.

30Nxa isihluma, niyabona, nazi ngokwenu ukuthi ihlobo seliseduze.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

31Kanjalo nani, nxa nibona lezo zinto zenzeka, yazini ukuthi umbuso kaNkulunkulu useduze.

32 Ngiqinisile ngithi kini: Lesi sizukulwane asiyikudlula, kungakenzeki konke.

33 Kuyakudlula izulu nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlula.

34 Xwayani ukuba izinhliziyo zenu zingasindwa ngukuminza nokudakwa nokunaka okwalokhu kuphila, lunizume lolo suku ningazelele,

35ngokuba luyakufika njengogibe phezu kwabo bonke abahlezi emhlabeni wonke.

36Ngakho lindani ngesikhathi sonke, nikhuleke ukuba nibe namandla okuphepha kukho konke lokhu okuyakwenzeka nawokuma phambi kweNdodana yomuntu.

37Njalo wayefundisa ethempelini emini, kepha kusihlwa wayephuma ayokulala entabeni ethiwa eyemiNqumo.

38Ekuseni abantu bonke beza kuye ethempelini ukumuzwa.

## NgokukaLuka 22

### Iwundlu lePhasika
(Math. 26:1; Mark. 14:1)

1 Kwasondela umkhosi wesinkwa esingenamvubelo othiwa iPhasika.

2Abapristi abakhulu nababhali bafuna ukuba bangambulala kanjani; ngokuba babesaba abantu.

### Umvuzo wokumkhaphela uJesu
(Math. 26:14; Mark. 14:10)

3 Kepha uSathane wangena kuJuda othiwa u-Iskariyothe engowabayishumi nambili.

4Wasuka wakhuluma nabapristi abakhulu nezinduna ngokuthi angamkhaphela kanjani kubo.

5Bathokoza, bavumelana naye ukumnika imali.

6Wavuma-ke, waze wafuna ithuba lokumkhaphela kubo, singekho isixuku.

### Ukumiswa kwesidlo esingcwele

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

(Math. 26:17; Mark. 14:12; Joh. 13:21)

7Lwase lufika usuku lwesinkwa esingenamvubelo okumelwe ukuba kuhlatshwe ngalo iphasika.

8Wathuma oPetru noJohane, wathi: Hambani niye ukusilungisela iphasika ukuba sidle.

9Bathi kuye: Uthanda ukuba sikulungiselephi na?

10Wathi kubo: Bhekani, seningene emzini niyakuhlangana nomuntu othwele imbiza yamanzi; mlandeleni, niye endlini angena kuyo,

11nize nithi kumninindlu: Uthi uMfundisi kuwe: Liphi ikamelo lokungenisa, lapho ngingadlela khona iphasika nabafundi bami, na?

12Lowo-ke uzakunikhombisa ikamelo elikhulu eliphezulu, elendlelweyo; lungiselani lapho.

13Basuka, bafumana kunjengokusho kwakhe kubo; base belungisa iphasika.

14Kwathi ukuba kufike isikhathi, wahlala phansi, nabaphostoli kanye naye.

15Wayesethi kubo: Nginxanele nokunxanela ukudla nani leli phasika ngingakahlupheki.

16Ngokuba ngithi kini: Angisayikulidla ngempela lize ligcwaliseke embusweni kaNkulunkulu.

17Wamukela isitsha, wabonga wathi: Thabathani lokhu, nabelane;

18ngokuba ngithi kini kusukela manje angisayikuphuza okwesithelo somvini, uze ufike umbuso kaNkulunkulu.

19 Wayesethabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula, wabanika, wathi: Lokhu kungumzimba wami onikelwa nina; yenzani lokhu ukuba ningikhumbule.

20 Kanjalo-ke nesitsha emva kokudla, ethi: Lesi sitsha siyisivumelwano esisha egazini lami elithululelwa nina.

21 Kepha bhekani, isandla songikhaphelayo sinami etafuleni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Ngokuba iNdodana yomuntu isihamba njengokumisiweyo, kepha maye kulowo muntu ekhashelwa ngaye!

23Base beqala ukubuzana bodwa ukuthi kungase kube ngubani kubo ozakukwenza lokho.

24 Kwavela nokuphikisana phakathi kwabo kokuthi ngumuphi kubo ongathiwa omkhulu.

25 Wayesethi kubo: Ababusi bezizwe bazenza amakhosi phezu kwazo, neziphathimandla zazo zithiwa abazenzela okuhle.

26Kepha nina aninjalo; kodwa omkhulu kini makabe njengomncinyane, nobusayo makabe njengokhonzayo.

27 Ngokuba ngumuphi omkhulu, ohlezi ekudleni noma okhonzayo, na? Akusiye ohlezi ekudleni na? Kepha mina ngiphakathi kwenu njengokhonzayo.

28Nina-ke ningababekhuthazela nami ekulingweni kwami;

29nanjengokuba uBaba engimisele umbuso, nami nginimisela wona

30 ukuba nidle, niphuze etafuleni lami embusweni wami; niyakuhlala ezihlalweni zobukhosi, nahlulele izizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli.

## USimoni Petru uyaxwayiswa

(Math. 26:31; Mark. 14:27; Joh. 13:36)

31 Simoni, Simoni, bheka, uSathane unifunile ukuba anihlunge njengokolweni;

32kepha mina ngikunxusele ukuba ukukholwa kwakho kungapheli; wena-ke, nxa usuphendukile, uqinise abafowenu.

33Wathi kuye: Nkosi, ngilungele ukuya nawe nasetilongweni nasekufeni.

34Wayesethi: Ngiyakutshela, Petru, ukuthi iqhude aliyikukhala namhlanje, ungakangiphiki kathathu ukuthi awungazi.

35Wathi kubo: Mhla nginithuma ningenasikhwama, nayika, nazicathulo, naswela utho na? Bathi: Lutho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

36Wayesethi kubo: Kepha manje onesikhwama kasithathe, neyika futhi; oswelayo kathengise ngengubo yakhe, athenge inkemba.

37 Ngokuba ngithi kini: Kumelwe ukugcwaliseka kimi lokho okulotshiweyo kokuthi: Wabalwa kanye nezelelesi; ngokuba okuqondene nami sekuyaphelela.

38Base bethi: Nkosi, bheka, nazi izinkemba ezimbili. Wathi kubo: Kwanele.

## EGetsemane

(Math. 26:36; Mark. 14:32)

39Wayesephuma, waya eNtabeni Yeminqumo njengomkhuba wakhe, nabafundi bakhe bamlandela.

40Esefikile endaweni wathi kubo: Khulekani ukuba ningangeni ekulingweni.

41Wamonyuka kubo kungathi ibanga lokuphonsa itshe, waguqa phansi, wakhuleka,

42wathi: Baba, uma uthanda, susa lesi sitsha kimi; nokho makungenziwa intando yami kodwa eyakho.

43Kwabonakala kuye ingelosi ivela ezulwini, imqinisa.

44Esosizini olunzima wakhuleka eqinisela, izithukuthuku zakhe zaba njengamathonsi egazi, aconsela emhlabathini.

45Esesukume ekukhulekeni weza kubafundi bakhe, wabafumana belele ngokudabuka.

46Wathi kubo: Nilaleleni na? Vukani nikhuleke ukuba ningangeni ekulingweni.

## Ukuboshwa kukaJesu

(Math. 26:47; Mark. 14:43; Joh. 18:2)

47Esakhuluma, bheka, kwafika isixuku; naye othiwa uJuda, omunye wabayishumi nambili, wayehamba phambi kwabo, wasondela kuJesu ukumanga.

48Kepha uJesu wathi kuye: Juda, uyayikhaphela iNdodana yomuntu ngokuyanga na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

49Kuthe ababengakuye sebebona okuzakwenzeka, bathi: Nkosi, sigadle ngenkemba na?

50Omunye othile kubo wayigadla inceku yompristi omkhulu, wayinquma indlebe yokunene.

51Kepha uJesu wathatha wathi: Musani; sekwanele. Wayiphatha indlebe, wayipholisa.

52Wathi uJesu kubapristi abakhulu, nezinduna zethempeli, namalunga ababeze kuye: Niphumile kungathi nize kumphangi niphethe izinkemba nezinduku.

53 Benginani imihla ngemihla ethempelini, anelulanga zandla kimi; kepha lokhu kuyihora lenu namandla obumnyama.

### Ukuphika kukaPetru

(Math. 26:69; Mark. 14:66; Joh. 18:1, 25)

54Base bembamba, bamuka naye, bamusa endlini yompristi omkhulu. UPetru walandela ekude.

55Sebebasile umlilo phakathi egcekeni bahlala phansi ndawonye; uPetru wahlala phakathi kwabo.

56Intombazana ethile, imbona ehlezi ngasemlilweni, yamgqolozela yathi: Nalona ube naye.

57Kepha waphika, wathi: Sifazane, angimazi.

58Emva kwesikhashana omunye wambona, wathi: Nawe ungomunye wabo. Kepha uPetru wathi: Muntundini, angisiye.

59Sekudlulile okungathi ihora linye, omunye umuntu waqinisa wathi: Impela nalona ube naye, ngokuba futhi ungowaseGalile.

60Kepha uPetru wathi: Muntundini, angikwazi ukuthi uthini. Masinyane esakhuluma, lakhala iqhude.

61INkosi yayisiphenduka, yambheka uPetru. UPetru walikhumbula izwi leNkosi, njengokuba ithe kuye: Iqhude lingakakhali namhlanje, uzakungiphika kathathu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

62Waphumela phandle, wakhala kamunyu.

### UJesu uphathwa kabi egcekeni lompristi omkhulu, alahlwe
(Math. 26:57; Mark. 14:53; Joh. 18:12)

63Amadoda abembambile uJesu ambhinqa emshaya.

64Ammboza ubuso, ambuza ethi: Profetha ukuthi ngubani okushayileyo na?

65Nokunye okuningi akukhuluma kuye emthuka.

66Kwathi sekusile, kwabuthana amalunga abantu nabapristi abakhulu
nababhali, bamyisa emphakathini wabo,

67bathi: Uma unguKristu, sitshele. Wathi kubo: Uma nginitshela, anisoze
nakholwa;

68noma ngibuza, anisoze naphendula.

69Kepha kusukela manje iNdodana yomuntu izakuhlala ngakwesokunene
samandla kaNkulunkulu.

70Base bethi bonke: Kanti uyiNdodana kaNkulunkulu na? Wathi kubo: Nisho
khona, ngokuba ngiyiyo.

71Bathi: Pho, sisaswele bufakazi na? Ngokuba sesizwile uqobo lwethu
ngomlomo wakhe.

## NgokukaLuka 23

### UJesu ephambi kukaPilatu noHerode
(Math. 27:1; Mark. 15:1; Joh. 18:28)

1Kwase kusuka uquqaba lonke, lwamyisa kuPilatu.

2Baqala ukumthwesa icala, bathi: Simfumene lo edukisa isizwe sakithi,
enqaba ukuba kuthelwe imali kuKesari, ethi nguye onguKristu inkosi.

3UPilatu wambuza wathi: Wena uyinkosi yabaJuda na? Wamphendula wathi:
Usho khona.

4Wayesethi uPilatu kubapristi abakhulu nakuzo izixuku: Angifumani cala
kulo muntu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Kwayikhona beqinisa kakhulu, bethi: Uvusa abantu efundisa kulo lonke
laseJudiya, eqalile kwelaseGalile, waze wafika lapha.

6UPilatu esezwa lokho wabuza ukuba lowo muntu ungowaseGalile yini.

7Esethole ukwazi ukuthi ungowesifunda sikaHerode, wamthumela kuHerode
owayekhona naye eJerusalema ngalezo zinsuku.

8 Kwathi uHerode embona uJesu, wathokoza kakhulu, ngokuba kwase
kukade efuna ukumbona, lokhu ebezwile ngaye; wayethemba ukuthi
uzakubona isibonakaliso esithile senziwa nguye.

9Wambuza ngamazwi amaningi, kepha yena kamphendulanga ngalutho.

10Abapristi abakhulu nababhali babemi bemmangalela kakhulu.

11Kepha uHerode namabutho akhe bameyisa, bambhinqa, baze bamembathisa
ingubo ecwebezelayo, bambuyisela kuPilatu.

12Ngalolo suku oPilatu noHerode baba ngabahlobo; ngokuba ngaphambili
kwakukhona ubutha phakathi kwabo.

13UPilatu wabizela ndawonye abapristi abakhulu nababusi nabantu,

14wathi kubo: Nilethe kimi lo muntu ngokuthi ungodukisa abantu. Bhekani,
mina ngimhlolile phambi kwenu, kepha angifumananga cala lalezo zinto
enimmangalela ngazo;

15kunjalo noHerode futhi ngokuba umbuyisele kithi; bheka-ke, akenzanga
lutho afanele ukufa ngalo.

16Ngakho-ke ngiyakumshaya, ngimkhulule.

17Ubemelwe phela ukubakhululela abe munye ngomkhosi.

18Kepha bamemeza kanyekanye, bathi: Susa lo, usikhululele uBaraba,

19yena owayefakwe etilongweni ngenxa yesiyaluyalu esithile esasenzeka
emzini, nangenxa yokubulala.

20UPilatu wabuye wakhuluma kubo efuna ukumkhulula uJesu;

21kodwa bamemeza bathi: Mbethele, mbethele esiphambanweni!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Wayesethi kubo ngokwesithathu: Kanti lo wenze bubi buni na?
Angifumananga kuye icala lokufa; ngakho ngiyakumshaya, ngimkhulule.

23Kepha bamcindezela ngokumemeza okukhulu befuna ukuba abethelwe.
Ukumemeza kwabo kwanqoba.

24Wayesenquma uPilatu ngokuthi akwenziwe abakufunayo.

25Wayesemkhulula owayefakwe etilongweni ngenxa yesiyaluyalu nokubulala,
ababemcela, kepha wamnikela uJesu kubo njengokuthanda kwabo.

**UJesu esesiphambanweni**

(Math. 27:33; Mark. 15:22; Joh. 19:17)

26Kwathi bemuka naye, babamba uSimoni waseKhurene evela endle,
bamthwesa isiphambano ukuba asithwale emva kukaJesu.

27Kwamlandela isixuku esikhulu sabantu, kukhona nabesifazane
ababemkhalela, bemlilela.

28Kepha uJesu ephendukela kubo wathi: Madodakazi aseJerusalema,
ningangikhaleli mina, kodwa zikhaleleni nina nabantwana benu.

29Ngokuba bhekani, kuyeza izinsuku abayakusho ngazo ukuthi: Zibusisiwe
izinyumba nezizalo ezingazalanga namabele angancelisanga.

30 Khona bayakuqala ukuthi ezintabeni: Welani phezu kwethu,
nasemagangeni: Sisibekeleni.

31 Ngokuba uma benza lokho emthini oluhlaza, kuyakwenziwani
kowomileyo.

32Kwakukhona nabanye, izelelesi ezimbili, abayiswa ukuba babulawe kanye
naye.

33Sebefikile endaweni ethiwa iKhanda bambethela khona nazo izelelesi,
esinye ngakwesokunene nesinye ngakwesokhohlo.

34 Kepha uJesu wathi: Baba, bathethelele, ngokuba abakwazi abakwenzayo.
Babelana izingubo zakhe, benzelana inkatho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35Abantu bema, bebukela; nababusi bamklolodela bathi: Wasindisa abanye; kazisindise yena, uma enguKristu okhethiweyo kaNkulunkulu.

36Namabutho ambhinqa, eza kuye, amnika uviniga,

37ethi: Uma uyinkosi yabaJuda, zisindise.

38Kwakukhona nombhalo phezu kwakhe othi: LO YINKOSI YABAJUDA.

39Njalo esinye sezelelesi ebeziphanyekiwe samhlambalaza sathi: Wena awusiye uKristu na? Zisindise kanye nathi.

40Sase siphendula esinye, sasithethisa sathi: Nawe awumesabi uNkulunkulu, ingani ukulokhu kulahlwa nawe na?

41thina kambe ngokufaneleyo, ngokuba samukela okulingene nesikwenzile; kepha lo akenzanga lutho olubi.

42Sase sithi: Jesu, ngikhumbule, nxa usufike embusweni wakho.

43Wathi kuso: Ngiqinisile ngithi kuwe: Namuhla uzakuba nami eParadisi.

44Kungaba yihora lesithupha kwase kuba mnyama emhlabeni wonke, kwaze kwaba yihora lesishiyagalolunye;

45 kwafiphala ilanga, isihenqo sethempeli sadabuka phakathi.

46 UJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Baba, ezandleni zakho ngiyawubeka umoya wami. Eseshilo lokho wafa.

47Induna yekhulu ibone okwenzekileyo yamdumisa uNkulunkulu, yathi: Nempela lowo muntu ube ngolungileyo.

48Zonke izixuku ezazibuthanele ukubukela lokho sezibonile okwenzekileyo, zabuyela emuva, zishaya izifuba zazo.

49 Bonke abazana naye nabesifazane ababemlandela bevela eGalile bema kude, bebuka lezo zinto.

### Ukumbelwa kukaJesu

(Math. 27:57; Mark. 15:42; Joh. 19:38)

50Bheka-ke, kwakukhona indoda, igama layo nguJosefa, eyilungu lomphakathi, indoda enhle nelungileyo --

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

51yona yayingavumanga icebo nesenzo sabo -- eyase-Arimatheya umuzi wabaJuda, eyayibheke umbuso kaNkulunkulu;

52yona yaya kuPilatu, yacela isidumbu sikaJesu.

53Yasehlisa, yasisonga ngendwangu enhle, yasibeka ethuneni elaliqoshwe edwaleni, lapho kungakabekwa muntu khona.

54Kwakulusuku lokulungisela; isabatha lase lizakuqala.

55Abesifazane abeza naye bevela eGalile balandela, balibona ithuna nokubekwa kwesidumbu sakhe.

56Base bebuyela emuva, balungisa amakha namafutha; kepha ngesabatha baphumula njengokomthetho.

## NgokukaLuka 24

### Ukuvuka kukaJesu

(Math. 28:1; Mark. 16:1; Joh. 20:1)

1Kepha ngosuku lokuqala lweviki, kuntwela ngenzansi, bafika ethuneni bephethe amakha ababewalungisile.

2Bafumana itshe ligingqiwe ethuneni.

3Kuthe bengena, abasifumananga isidumbu seNkosi uJesu.

4Kwathi besasambathekile yilokho, bheka, nanko amadoda amabili emi ngakubo, enezingubo ezicwebezelayo.

5Besesaba bekhothamela phansi ngobuso, athi kubo: Nifunelani ophilayo kwabafileyo na?

6 Kakho lapha, kepha uvukile; khumbulani ukukhuluma kwakhe kini eseseGalile,

7ethi: INdodana yomuntu imelwe ukukhashelwa ezandleni zabantu abayizoni, ibethelwe, ivuke ngosuku lwesithathu.

8Bawakhumbula-ke amazwi akhe.

9Base bebuya ethuneni, babika konke lokho kwabayishumi nanye nakubo bonke abanye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10KwakungoMariya Magdalena, noJowana, noMariya unina kaJakobe; nabanye ababe kanye nabo babatshela abaphostoli lokho.

11Kepha lawo mazwi aba njengokukhuluma okuyize kubo, kabaze bakholwa yibo.

12Khona uPetru wasuka, wagijimela ethuneni, wakhothama, wabona izindwangu zizodwa; wamuka, waya ekhaya emangele ngokwenzekileyo.

**Abafundi abaya e-Emawuse**

13Bheka-ke, ababili babo babehamba ngalona lolo suku, beya emzaneni othiwa i-Emawuse, ukude neJerusalema amastadiyu angamashumi ayisithupha.

14Babekhulumisana omunye nomunye ngazo zonke lezo zinto ezehlakeleyo.

15Kwathi besakhuluma bebuzana, uJesu uqobo wasondela, wahambisana nabo.

16Kepha amehlo abo abebambekile ukuba bangamazi.

17Wathi kubo: Zindaba zini lezi enikhuluma ngazo omunye nomunye nihamba na? Base bema benyukumele.

18Omunye, nguKleyophase igama lakhe, waphendula, wathi kuye: Wena uyisihambi eJerusalema, ungoyedwa ongazazi izinto ezenzekileyo khona ngalezi zinsuku na?

19Wayesethi kubo: Zinto zini na? Bathi kuye: NgoJesu waseNazaretha obengumprofethi onamandla ngesenzo nangezwi phambi kukaNkulunkulu nabantu bonke,

20ukuthi abapristi abakhulu nababusi bethu bamkhaphela ukunqunyelwa ukufa, baze bambethela esiphambanweni.

21Thina-ke besethemba ukuthi nguye ozakuhlenga u-Israyeli; kodwa phezu kwalokho konke sekulusuku lwesithathu lezo zinto zenzekile.

22Futhi nabesifazane abathile bakithi basethusile, ababeyile ethuneni ekuseni;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23kuthe bengasifumani isidumbu sakhe, bafika bathi babone nombono wezingelosi ezithi uyaphila.

24Nabathile babakithi baya ethuneni, bakufumana kunjalo njengokuba beshilo abesifazane, kodwa yena uqobo abambonanga.

25Wayesethi kubo: O nina eningaqondiyo nenilibele enhliziyweni ukukholwa yikho konke abakushilo abaprofethi!

26 UKristu ubengamelwe yini ukuhlupheka ngalokho, aze angene enkazimulweni yakhe na?

27 Wayesethathela kuMose nakubaprofethi bonke, wabachasisela emibhalweni okuqondene naye.

28Base besondela emzaneni ababeya kuwo yena washaya sengathi udlulela phambili.

29Bamncengisisa bathi: Hlala nathi, ngokuba sekuzakuhlwa, nemini isiyadlula. Wangena wahlala nabo.

30Kwathi esehlezi nabo ekudleni, wathabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula, wabanika.

31Amehlo abo ayesevuleka, bamazi; wayesenyamalala kubo.

32Bathi omunye komunye: Inhliziyo yethu ibingavuthi yini phakathi kwethu, lapho ekhuluma kithi endleleni, nalapho esivulela imibhalo, na?

33Base besuka ngasona leso sikhathi, baphindela eJerusalema, bafumana abayishumi nanye nababe nabo behlangene ndawonye,

34bethi: Impela iNkosi ivukile, ibonakele kuSimoni.

35Base belanda nabo okwenzekileyo endleleni, nokuthi yaziwa kanjani yibo ekuhlephuleni isinkwa.

**Ukuzibonakalisa kukaJesu kubafundi bonke**
(Mark. 16:14; Joh. 20:19)

36Besakhuluma lokho, yena uqobo wema phakathi kwabo, wathi kubo: Ukuthula makube kinina.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37Kepha bashaywa luvalo, besaba bethi babona ithongo.

38Wayesethi kubo: Nikhathazekeleni na? Kuvelelani imizindlo ezinhliziyweni
zenu na?

39Bhekani izandla zami nezinyawo zami ukuthi yimina uqobo; ngiphatheni,
nibone, ngokuba ithongo alinanyama namathambo, njengokuba ningibona
nginakho.

40Esekushilo lokho wababonisa izandla nezinyawo.

41Kepha bengakakholwa ngenxa yentokozo bemangala, wathi kubo: Ninakho
ukudla lapha na?

42Bamnika iqatha lenhlanzi eyosiweyo neqa lezinyosi.

43Wakuthatha, wadla phambi kwabo.

44Wayesethi kubo: Yiwo lawo mazwi ami engawakhuluma kini ngisenani
okuthi: Kumelwe ukugcwaliseka konke okulotshwe ngami emthethweni
kaMose, nakubaprofethi nasemaHutsheni.

45Khona wayesevula ingqondo yabo, ukuze baqonde imibhalo.

46Wathi kubo: Kulotshiwe kanje ukuthi uzakuhlupheka uKristu, avuke
kwabafileyo ngosuku lwesithathu,

47 kushunyayelwe egameni lakhe ukuphenduka, kube ngukuthethelelwa
kwezono ezizweni zonke, kuqalwe eJerusalema.

48Nina-ke ningofakazi balezi zinto.

49 Bhekani, ngiyathumela kini isithembiso sikaBaba; kepha hlalani emzini,
nize nembathiswe amandla avela phezulu.

### Ukuvalelisa kukaJesu nokwenyuselwa kwakhe

(Mark. 16:19; IzE. 1:9)

50Wabahola, baze bafika ngaseBethaniya, waphakamisa izandla zakhe,
wababusisa.

51Kwathi esababusisa, wahlukana nabo, wenyuselwa ezulwini.

52Bakhuleka kuye, baphindela eJerusalema benokuthokoza okukhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# NGOKUKAJOHAN

## NgokukaJohane 1

### UbuNkulunkulu nobuntu nomsebenzi kaJesu Kristu

1 Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.

2 Yena lowo wayekhona ekuqaleni kuNkulunkulu.

3 Konke kwavela ngaye; ngaphandle kwakhe akuvelanga lutho kukho konke okuvelileyo.

4 Ukuphila kwakukuye, ukuphila kwakungukukhanya kwabantu;

5 ukukhanya kukhanya ebumnyameni, kepha ubumnyama abukwamukelanga.

6 Kwavela umuntu ethunyiwe nguNkulunkulu, igama lakhe linguJohane.

7 Lowo wezela ubufakazi ukuba afakaze ngokukhanya, ukuze bonke bakholwe ngaye.

8 Yena wayengesikho ukukhanya, kepha wayengozofakaza ngokukhanya.

9 Kwakungukukhanya okuqinisileyo okukhanyisa wonke umuntu, okwase kuza ezweni.

10 Wayekhona ezweni, izwe lavela ngaye; kepha izwe alimazanga.

11 Weza kokwakhe, abakhe abamamukelanga.

12 Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe,

13 abangazalwanga ngagazi, nantando yenyama, nantando yendoda, kodwa bazalwa nguNkulunkulu.

14 ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu, sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa neqiniso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15UJohane wafakaza ngaye, wamemeza wathi: Nguyena lo ebengisho ngaye ukuthi: Lowo ozayo emva kwami uvelile ngaphambi kwami, ngokuba wayekhona kuqala kunami.

16 Ngokuba ekugcwaleni kwakhe samukele sonke umusa phezu komusa.

17 Ngokuba umthetho wanikezwa ngoMose, umusa neqiniso kwavela ngoJesu Kristu.

18Akakho oke wabona uNkulunkulu; iNdodana ezelwe yodwa esesifubeni sikaYise yiyona embonakalisile.

### Ubufakazi bukaJohane

19Lokhu kungubufakazi bukaJohane mhla abaJuda bethuma abapristi namaLevi bephuma eJerusalema ukuba bambuze ukuthi: Wena ungubani na?

20 Wavuma, kaphikanga, wavuma wathi: Angisiye uKristu mina.

21 Bambuza bathi: Uyini pho? Ungu-Eliya na? Wathi: Angisiye. UngumProfethi na? Waphendula wathi: Qha.

22Base bethi kuye: Ungubani na? ukuze sibaphendule abasithumileyo; uzisho ukuthi ungubani na?

23 Wathi: Ngiyizwi lomemeza ehlane, ethi: Lungisani indlela yeNkosi, njengalokho washo u-Isaya umprofethi.

24Labo ababethunyiwe babevela kubaFarisi.

25Bambuza-ke, bathi kuye: Pho, ubhapathizelani, uma ungesiye uKristu, no-Eliya, nomProfethi, na?

26UJohane wabaphendula wathi: Mina ngibhapathiza ngamanzi; umi phakathi kwenu eningamaziyo:

27yena ozayo emva kwami, omchilo wesicathulo sakhe ngingafanele ukuwuthukulula.

28Lokho kwenzeka eBethabara ngapesheya kweJordani, lapho uJohane wayebhapathiza khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

29 Ngangomuso wabona uJesu eza kuye, wathi: Bheka, iWundlu
likaNkulunkulu elisusa izono zezwe.

30Nguye ebengisho ngaye, ngithi: Emva kwami kuza umuntu owavela
ngaphambi kwami, ngokuba wayekhona kuqala kunami.

31Nami bengingamazi; kodwa ukuze abonakaliswe ku-Israyeli, ngalokho
ngizile ngibhapathiza ngamanzi.

32UJohane wafakaza wathi: Ngibonile uMoya ehla ezulwini njengejuba,
wahlala phezu kwakhe.

33Nami bengingamazi, kodwa owangithuma ukubhapathiza ngamanzi wathi
kimi: Lowo oyakubona uMoya ehla ahlale phezu kwakhe, nguyena
obhapathiza ngoMoya oNgcwele.

34Mina ngibonile, ngafakaza ukuthi: Lo uyiNdodana kaNkulunkulu.

**Abafundi bokuqala**

35Ngangomuso futhi wayemi uJohane nababili kubafundi bakhe.

36Ebona uJesu ehamba, wathi: Bheka, nanto iWundlu likaNkulunkulu.

37Abafundi ababili bezwa ekhuluma, bamlandela uJesu.

38Khona uJesu waphenduka, wababona belandela, wathi kubo: Nifunani na?
Bathi kuye: Rabi, okungukuthi ngokuhunyushwa: Mfundisi, uhlalaphi na?

39Wathi kubo: Wozani nibone. Ngakho-ke beza babona lapho ehlala khona;
bahlala naye ngalolo suku; kwakungaba yihora leshumi.

40 Omunye walabo ababili abamuzwa uJohane balandela uJesu wayengu-
Andreya umfowabo kaSimoni Petru;

41yena wafumana kuqala umfowabo uSimoni, wathi kuye: Simfumene
uMesiya, okungukuthi ngokuhunyushwa uKristu.

42 Wamyisa kuJesu; uJesu wambheka wathi: Wena unguSimoni kaJona;
uzakubizwa ngokuthi uKhefase, okuhunyushwa ngokuthi uPetru.

43Ngangomuso wayefuna ukuya eGalile, wafumana uFiliphu; uJesu wathi
kuye: Ngilandele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

44UFiliphu wayengowaseBetsayida, umuzi ka-Andreya noPetru.

45UFiliphu wafumana uNathanayeli, wathi kuye: Simfumene lowo aloba ngaye emthethweni uMose kanye nabaprofethi, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.

46 UNathanayeli wathi kuye: Kungase kuvele okuhle eNazaretha na? UFiliphu wathi kuye: Woza ubone.

47UJesu wabona uNathanayeli eza kuye, wathi ngaye: Bheka, umIsrayeli uqobo okungekho nkohliso kuye.

48UNathanayeli wathi kuye: Ungazelaphi na? UJesu waphendula, wathi kuye: Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komkhiwane, ngakubona.

49UNathanayeli wamphendula wathi: Rabi, uyiNdodana kaNkulunkulu, uyiNkosi ka-Israyeli.

50UJesu waphendula, wathi kuye: Ukholwa ngokuba ngithe kuwe ngakubona uphansi komkhiwane na? Uzakubona okukhulu kunalokho.

51 Wathi kuye: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Nizakubona izulu livuliwe nezingelosi zikaNkulunkulu zenyuka, zehla phezu kweNdodana yomuntu.

## NgokukaJohane 2

### Isimangaliso sokuqala sikaJesu

1Kwathi ngosuku lwesithathu kwakukhona umshado eKhana laseGalile; wayekhona lapho unina kaJesu.

2NoJesu nabafundi bakhe babemenyiwe emshadweni.

3Kwathi ukuba lisweleke iwayini, unina kaJesu wathi kuye: Kabanalo iwayini.

4UJesu wathi kuye: Mame, ungene ngani kokwami na? Isikhathi sami asikafiki.

5Wathi unina ezincekwini: Nayikuphi akusho kini anokwenza.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Kwakukhona lapho izimbiza zamatshe eziyisithupha zibekwe ngesiko lokuhlamba labaJuda, ziphethe yileso naleso izilinganiso ezimbili noma ezintathu.

7UJesu wathi ezincekwini: Gcwalisani izimbiza ngamanzi; zazigcwalisa-ke.

8Wayesethi kuzo: Yikhani manje, niyise kumphathi wokudla; zayisa-ke.

9Umphathi wokudla ezwa amanzi aphenduke iwayini, engazi ukuthi livelaphi, kepha izinceku ezaziwakhile amanzi bezazi, umphathi wokudla wabiza umyeni, wathi kuye:

10 Wonke umuntu ubeka iwayini elimnandi kuqala, kuthi lapha sebephuze kakhulu, akhiphe elibi kunalo; wena ugcinile elimnandi kuze kube manje.

11 Lokho ukuqala kwezibonakaliso wakwenza uJesu eKhana laseGalile ebonakalisa inkazimulo yakhe; abafundi bakhe bakholwa nguye.

**Abathengisi ethempelini**

12Ngasemva kwalokho wehlela eKapernawume, yena, nonina, nabafowabo, nabafundi bakhe, bahlala khona izinsuku ezingeziningi.

13Lalisondele iPhasika labaJuda; uJesu wakhuphukela eJerusalema.

14Wafumana ethempelini abathengisa ngezinkomo nangezimvu nangamajuba, nabahlezi beshintsha imali.

15Wayesenza inkalivasi ngezintambo, waxosha bonke ethempelini, nezimvu nezinkomo, wachitha imali yabashintshayo, wagumbuqela amatafula,

16wathi kwabathengisa ngamajuba: Susani lokhu lapha, ningayenzi indlu kaBaba indlu yokuthengelana.

17 Abafundi bakhe bakhumbula ukuba kulotshwe ukuthi: Ukushisekela indlu yakho kuyangidla.

18 Ngakho-ke abaJuda baphendula, bathi kuye: Usitshengisa isibonakaliso sini ukuba wenze lokhu na?

19UJesu waphendula, wathi kubo: Bhidlizani leli thempeli, ngizakulivusa ngezinsuku ezintathu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Ngakho bathi abaJuda: Leli thempeli kwaba yiminyaka engamashumi amane nesithupha lakhiwa, wena-ke uzakulivusa ngezinsuku ezintathu na?

21 Kepha wayekhuluma ngethempeli lomzimba wakhe.

22 Kuthe esevukile kwabafileyo, abafundi bakhe bakhumbula ukuthi washo njalo kubo; bakholwa ngumbhalo nezwi abelishilo uJesu.

23 Kwathi eseJerusalema ngePhasika emkhosini, abaningi bakholwa egameni lakhe bebona izibonakaliso zakhe azenzayo;

24 kepha uJesu yena kabethembanga ukuba abhobokelane nabo, ngokuba wayebazi bonke,

25 nangokuba engaswele nobani amfakazele ngomuntu; wayekwazi yena okuphakathi komuntu.

## NgokukaJohane 3

### UJesu ukhuluma noNikodemu

1 Kwakukhona umuntu wakubaFarisi, nguNikodemu igama lakhe, isikhulu sabaJuda.

2 Lowo-ke weza kuye ebusuku, wathi kuye: Rabi, siyazi ukuthi ungumfundisi ovele kuNkulunkulu, ngokuba akakho ongenza lezi zibonakaliso ozenzayo, uma uNkulunkulu engenaye.

3 UJesu waphendula, wathi kuye: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu.

4 UNikodemu wathi kuye: Umuntu angazalwa kanjani esemdala na? Angangena ngokwesibili esiswini sikanina, azalwe, na?

5 Waphendula uJesu, wathi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene embusweni kaNkulunkulu.

6 Lokho okuzelwe yinyama kuyinyama; nalokho okuzelwe nguMoya kungumoya.

7 Ungamangali ngokuba ngithe kuwe: Nimelwe ukuzalwa ngokusha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Umoya uphephetha lapha uthanda khona; uyaluzwa udumo lwawo, kodwa kawazi lapho uvela khona nalapho uya khona; banjalo bonke abazelwe nguMoya.

9 UNikodemu waphendula, wathi kuye: Lokhu kungenzeka kanjani na?

10 UJesu waphendula, wathi kuye: Wena ungumfundisi ka-Israyeli, awukwazi lokhu na?

11 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Sikhuluma esikwaziyo, sifakaza ngesikubonileyo; kepha anibamukeli ubufakazi bethu.

12 Nxa nginitshelile okomhlaba, kanakholwa; ningakholwa kanjani, uma nginitshela okwasezulwini na?

13 Akakho owenyukele ezulwini, kuphela yena owehla ezulwini, iNdodana yomuntu.

14 Njengokuba uMose waphakamisa inyoka ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa

15 ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo abe nokuphila okuphakade.

16 Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade.

17 Ngokuba uNkulunkulu kayithumelanga iNdodana ezweni ukuba yahlulele izwe, kodwa ukuba izwe lisindiswe ngayo.

18 Okholwa yiyo kahlulelwa; ongakholwa usahlulelwe, lokhu engakholwanga egameni leNdodana ezelwe yodwa kaNkulunkulu.

19 Ukwahlulela kuyilokhu ukuba ukukhanya kufikile ezweni, kepha abantu bathanda ubumnyama kunokukhanya, ngokuba imisebenzi yabo ibimibi.

20 Ngokuba yilowo nalowo owenza okubi uzonda ukukhanya, akezi ekukhanyeni ukuba imisebenzi yakhe ingasolwa.

21 Kepha owenza iqiniso uyeza ekukhanyeni, ukuze imisebenzi yakhe ibonakaliswe ukuthi yenziwe kuNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

### Ubufakazi bokugcina bukaJohane

22Ngasemva kwalokho uJesu weza nabafundi bakhe ezweni laseJudiya; wahlala khona nabo, wabhapathiza.

23Naye uJohane wayebhapathiza e-Enoni eduze neSalimi, ngokuba amanzi ayemaningi lapho; beza babhapathizwa.

24Ngokuba uJohane wayengakafakwa etilongweni.

25Kwase kuvela ukuphikisana phakathi kwabafundi bakaJohane nabaJuda ngokuhlambulula.

26Base beza kuJohane, bathi kuye: Rabi, lowo owayenawe phesheya kweJordani, owamfakazelayo, bheka, uyabhapathiza, bonke beza kuye.

27 UJohane waphendula wathi: Umuntu angelwamukele utho, uma engaluphiwanga luvela ezulwini.

28 Nina ngokwenu niyangifakazela ukuba ngathi: Angisiye uKristu mina, kodwa ngithunyiwe ngaphambi kwakhe.

29 Onomlobokazi ungumyeni, kepha umhlobo womyeni omiyo emuzwa uthokoza nokuthokoza ngezwi lomyeni. Le ntokozo yami isiphelele.

30Umelwe ukukhula yena, nginciphe mina.

31 Ovela phezulu uphezu kwakho konke; ovela emhlabeni ungowomhlaba, ukhuluma okomhlaba. Ovela ezulwini uphezu kwakho konke.

32Akubonileyo nakuzwileyo lokho ufakaza ngakho; kepha akakho owamukela ubufakazi bakhe.

33 Owamukele ubufakazi bakhe ulubekile uphawu lokuthi uNkulunkulu uqinisile.

34 Ngokuba lowo uNkulunkulu amthumileyo ukhuluma amazwi kaNkulunkulu; ngokuba akaniki uMoya ngokulinganisela.

35 UYise uyayithanda iNdodana, wanikela konke esandleni sayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

36 Okholwa yiNdodana unokuphila okuphakade; kepha ongakholwa yiNdodana kayikubona ukuphila, kodwa intukuthelo kaNkulunkulu ihlezi phezu kwakhe.

## NgokukaJohane 4

### UJesu ukhuluma nowesifazane waseSamariya

1Kwathi ukuba iNkosi yazi ukuthi abaFarisi bezwile ukuba uJesu wenza abafundi, ebhapathiza abaningi kunoJohane,

2ingani uJesu uqobo kabhapathizanga, kodwa kwakubhapathiza abafundi bakhe,

3yamuka eJudiya, yaphindela eGalile.

4Kwakuswelekile ukuba adabule iSamariya.

5 Khona wafika emzini waseSamariya ogama lawo yiSikhari, eduze nesiqinti uJakobe asinika uJosefa indodana yakhe.

6Wawukhona lapho umthombo kaJakobe. Ngakho uJesu ekhathele ukuhamba wayesehlala ngasemthonjeni. Kwakungaba yihora lesithupha.

7Owesifazane waseSamariya weza ezokukha amanzi. UJesu wathi kuye: Ngiphuzise.

8Ngokuba abafundi bakhe babehambile baya emzini beyothenga ukudla.

9 Khona owesifazane waseSamariya wathi kuye: Yini ukuba wena ongumJuda ucele ukuphuziswa yimi engingowesifazane waseSamariya na? Ngokuba abaJuda abadlelani namaSamariya.

10 UJesu waphendula, wathi kuye: Uma ubusazi isipho sikaNkulunkulu nokuthi ngubani othi kuwe: Ngiphuzise, nga ucele kuye, yena nga ekunikile amanzi aphilayo.

11Wathi kuye: Nkosi, awuphethe lutho lokukha amanzi, umthombo ujulile; uwathathaphi, pho, lawo manzi aphilayo na?

12 Kanti wena umkhulu yini kunobaba uJakobe owasinika lo mthombo, waphuza kuwo, yena kanye namadodana akhe nemihlambi yakhe, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Waphendula uJesu, wathi kuye: Yilowo nalowo ophuza lawa manzi uyakubuye ome;

14 kepha lowo oyakuphuza amanzi engiyakumnika wona kasayikoma naphakade; kepha amanzi engiyakumnika wona, phakathi kwakhe ayakuba ngumthombo wamanzi aphuphumayo, kube ngukuphila okuphakade.

15 Owesifazane wathi kuye: Nkosi, ngiphe lawo manzi ukuba ngingomi, ngingabe ngiseza ukukha lapha.

16 Wathi kuye: Hamba ubize indoda yakho, uze lapha.

17 Owesifazane waphendula wathi: Anginandoda. UJesu wathi kuye: Usho kahle ukuthi: Anginandoda;

18 ngokuba usuke waba namadoda ayisihlanu; le onayo kalokhu akusiyo indoda yakho. Lokhu ukusho ngeqiniso.

19 Owesifazane wathi kuye: Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi wena.

20 Okhokho bethu babekhulekela kule ntaba; nina-ke nithi iseJerusalema indawo lapho kufanele kukhulekelwe khona.

21 UJesu wathi kuye: Sifazane, kholwa yimi, isikhathi siyeza, lapho ningasayikukhuleka kuBaba nakule ntaba naseJerusalema.

22 Nina nikhuleka kweningakwaziyo, thina sikhuleka kwesikwaziyo; ngokuba insindiso ivela kubaJuda.

23 Kodwa isikhathi siyeza, sesikhona namanje, lapho abakhulekayo abaqinisileyo beyakukhuleka kuBaba ngomoya nangeqiniso; ngokuba uBaba ufuna abakhuleka kuye abanjalo.

24 UNkulunkulu unguMoya; abakhuleka kuye bafanele ukukhuleka ngomoya nangeqiniso.

25 Owesifazane wathi kuye: Ngiyazi ukuthi uMesiya uyeza, othiwa uKristu; nxa esefikile yena, uyakusitshela konke.

26 UJesu wathi: Nginguye mina engikhuluma nawe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Ngaleyo nkathi bafika abafundi bakhe; bamangala ngokuba ekhuluma
nowesifazane; nokho akubangakho owathi: Ufunani na? noma: Ukhulumelani
naye na?

28Owesifazane wayeseshiya imbiza yakhe, waya emzini, wathi kubantu:

29 Wozani nibone umuntu ongitshele konke engikwenzileyo; kungebe nguye
uKristu na?

30Baphuma emzini, beza kuye.

31Kusenjalo abafundi bamncenga bathi: Rabi, yidla.

32Kepha wathi kubo: Nginokudla engikudlayo eningakwaziyo.

33Base bekhuluma bodwa abafundi, bethi: Ukhona yini omlethele ukudla na?

34 UJesu wathi kubo: Ukudla kwami kungukwenza intando yongithumileyo,
ngifeze umsebenzi wakhe.

35Anisho yini ukuthi izinyanga zisezine kufike ukuvuna na? Bhekani, ngithi
kini: Phakamisani amehlo enu, nibone ukuthi amasimu asemhlophe,
aselungele ukuvunwa.

36Ovunayo wamukeliswa umvuzo, abuthe isithelo kube ngukuphila
okuphakade ukuba ohlwanyelayo athokoze kanye novunayo.

37Ngokuba kulokhu liqinisile izwi lokuthi: Omunye uyahlwanyela, omunye
avune.

38Mina nganithumela ukuvuna lokho eningakusebenzanga; abanye
basebenzile, nina-ke ningene emsebenzini wabo.

39AmaSamariya amaningi alowo muzi akholwa nguye ngezwi lowesifazane
owafakaza ngokuthi: Ungitshele konke engikwenzileyo.

40Athe ukuba eze kuye amaSamariya, amncenga ukuba ahlale nawo; wahlala
khona izinsuku ezimbili.

41Bakholwa abaningi kakhulu futhi ngenxa yezwi lakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[42] Base bethi kowesifazane: Asisakholwa ngokulanda kwakho nje, ngokuba sesizizwele ngokwethu, siyazi ukuthi lo ngempela unguMsindisi wezwe.

[43]Kepha emva kwezinsuku ezimbili waphuma lapho ukuya eGalile.

[44]Ngokuba uJesu uqobo wafakaza ngokuthi umprofethi kaziswa ezweni lakubo.

[45]Kuthe-ke ukuba afike eGalile, abaseGalile bamamukela bebone konke akwenzayo eJerusalema emkhosini; ngokuba nabo babezile emkhosini.

### Ukuphiliswa kwendodana yenduna yaseKapernawume

[46]UJesu wayesephinda eza eKhana laseGalile, lapho enza khona amanzi abe yiwayini. Kwakukhona induna ethile yenkosi endodana yayo yayigula eKapernawume.

[47]Yathi ukuba izwe ukuthi uJesu ufikile eGalile evela eJudiya, yaya kuye, yamncenga ukuba ehle aphulukise indodana yayo, ngokuba yayisizakufa.

[48] Ngakho-ke uJesu wathi kuyo: Uma ningaboni izibonakaliso nezimangaliso, anisoze nakholwa.

[49]Induna yenkosi yathi kuye: Nkosi, yehla engakafi umntanami.

[50]Wathi kuyo uJesu: Hamba, indodana yakho iphilile. Lowo muntu wakholwa yizwi alishilo kuye uJesu, wahamba.

[51]Kwathi esehla, izinceku zakhe zamhlangabeza, zathi umntanakhe uphilile.

[52]Wayesezibuza isikhathi aqale ngaso ukuba ngcono; khona zathi kuye: Umkhuhlane umyekile izolo ngehora lesikhombisa.

[53] Wayeseqonda uyise ukuthi yilona lelo hora uJesu asho ngalo kuye ukuthi: Indodana yakho iphilile. Wakholwa yena nendlu yakhe yonke.

[54] Leso siyisibonakaliso sesibili uJesu asenza efikile eGalile evela eJudiya.

## NgokukaJohane 5

### UJesu uphilisa isiguli eBethesda ngesabatha

[1]Emva kwalokho kwakukhona umkhosi wabaJuda; uJesu wakhuphukela eJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[2]Kukhona-ke eJerusalema ngasesangweni lezimvu ichibi elithiwa ngesiHeberu iBethesda, linemipheme eyisihlanu.

[3]Kwakulele kuyo abagulayo abaningi kakhulu, izimpumputhe, nezinyonga, nabashwabeneyo, belindele ukuzanyazanyiswa kwamanzi.

[4]Ngokuba ingelosi yayehla izikhathi ngezikhathi, izamazamise amanzi, kuthi lowo ongene kuqala emva kokuzanyazanyiswa kwamanzi asinde esifweni sakhe, noma enasifo sini.

[5]Kwakukhona lapho umuntu othile owayesegule iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili.

[6]UJesu embona elele, azi ukuthi usenesikhathi eside enjalo, wathi kuye: Uyathanda ukusinda na?

[7]Ogulayo wamphendula wathi: Nkosi, anginamuntu wokungifaka echibini, nxa amanzi ezanyazanyiswa; kuthi ngiseza, kwehle omunye phambi kwami.

[8]UJesu wathi kuye: Sukuma, uthabathe uhlaka lwakho, uhambe.

[9]Wayesephila masinyane lowo muntu, wathabatha uhlaka lwakhe, wahamba. Kwakuyisabatha ngalolo suku.

[10] Khona base bethi abaJuda kophilisiweyo: Yisabatha, akuvunyiwe uthwale uhlaka.

[11]Wabaphendula wathi: Ongiphilisileyo nguyena othe kimi: Thabatha uhlaka lwakho, uhambe.

[12]Bambuza bathi: Ngubani lowo muntu othe kuwe: Thabatha uhlaka lwakho uhambe, na?

[13]Kepha ophilisiweyo wayengazi ukuthi ungubani, ngokuba uJesu wayemukile lapho, kukhona isixuku kuleyo ndawo.

[14] Emva kwalokho uJesu wamfumana ethempelini, wathi kuye: Bheka, uphilisiwe; ungabe usona, funa wehlelwe ngokubi kunalokho.

[15]Wamuka lowo muntu, watshela abaJuda ukuthi nguJesu omphilisileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

16 Ngenxa yalokho abaJuda bamzingela uJesu, ngokuba wakwenza lokho ngesabatha.

17Kepha wabaphendula wathi: UBaba usebenza kuze kube manje, nami ngiyasebenza.

18 Ngalokho-ke abaJuda kwayikhona befuna kakhulu ukumbulala, ngokuba wayengaphulile isabatha kuphela, kodwa wabuye wathi uNkulunkulu unguYise, ezenza olingana noNkulunkulu.

### UJesu uyiNdodana kaNkulunkulu

19 Khona uJesu waphendula, wathi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: INdodana ingenze lutho ngokwayo, kuphela lokho ebona uYise ekwenza, ngokuba lokho akwenzayo yena, neNdodana iyakwenza kanjalo.

20 Ngokuba uYise uyayithanda iNdodana, uyikhombisa konke akwenzayo yena; woyikhombisa imisebenzi emikhulu kunalena ukuba nimangale.

21Ngokuba njengalokhu uYise evusa abafileyo, abaphilise, kanjalo neNdodana iyabaphilisa labo ethanda ukubaphilisa.

22Ngokuba noYise kahluleli muntu; ukunike iNdodana konke ukwahlulela

23 ukuba bonke bazise iNdodana, njengokuba bazisa uYise. Ongayazisi iNdodana kamazisi noYise oyithumileyo.

24 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Ozwa izwi lami, akholwe ngongithumileyo, unokuphila okuphakade; akayi ekwahlulelweni, kepha usephumile ekufeni, wangena ekuphileni.

25 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Isikhathi siyeza, sesikhona namanje, lapho abafileyo beyakulizwa izwi leNdodana kaNkulunkulu; abezwayo bayakuphila.

26Ngokuba njengalokhu uYise enokuphila ngokwakhe, kanjalo uyiphile neNdodana ibe nokuphila ngokwayo.

27 Uyiphile amandla okwahlulela, ngokuba iyiNdodana yomuntu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

28 Ningamangali ngalokho, ngokuba isikhathi siyeza, lapho bonke abasemathuneni beyakulizwa izwi layo,

29 abenze ukulunga baphumele ekuvukeni kokuphila, abenze okubi ekuvukeni kokulahlwa.

30 Mina ngingenze lutho ngokwami; ngahlulela njengalokho engikuzwayo; ukwahlulela kwami kulungile, ngokuba ngingafuni eyami intando kepha intando yongithumileyo.

31 Uma ngizifakazela mina, ubufakazi bami abuqinisile.

32 Ngomunye ofakaza ngami; ngiyazi ukuthi ubufakazi angifakazela ngabo buqinisile.

33 Nina nithumele kuJohane, walifakazela iqiniso.

34 Kepha mina angibamukeli ubufakazi kumuntu; kodwa ngisho lokhu ukuba nisindiswe.

35 Yena wayeyisibani esivuthayo nesikhanyayo; nina-ke benithanda ukuthokoza isikhashana ekukhanyeni kwakhe.

36 Kepha nginabo ubufakazi obukhulu kunobukaJohane, ngokuba imisebenzi uBaba anginike yona ukuba ngiyifeze, yona le misebenzi engiyenzayo, iyangifakazela ukuthi uBaba ungithumile.

37 NoBaba ongithumileyo ufakazile ngami. Anizange nizwe izwi lakhe, anisibonanga isimo sakhe.

38 Nezwi lakhe aninalo elihleziyo phakathi kwenu, ngokuba amthumileyo yena lowo anikholwa nguye.

39 Nihlola imibhalo, ngokuba nithi ninokuphila okuphakade kuyo; yiyona efakaza ngami.

40 Kepha anivumi ukuza kimi ukuba nibe nokuphila.

41 Mina angamukeli udumo kubantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42Kepha ngiyanazi nina ukuthi aninalo uthando lukaNkulunkulu phakathi kwenu.

43 Ngize egameni likaBaba, aningamukeli; uma kuza omunye ngelakhe igama, niyakumamukela yena.

44 Ningakholwa kanjani nina enidumisana nodwa, ningalufuni udumo oluvela kuNkulunkulu yedwa, na?

45 Ningacabangi ukuthi ngiyakunimangalela kuBaba; ukhona onimangalelayo, uMose enithemba kuye.

46 Ngokuba uma benikholwa nguMose, beniyakukholwa yimina, ngokuba yena waloba ngami.

47Kodwa uma ningakholwa yimibhalo yakhe, niyakukholwa kanjani ngamazwi ami na?

## NgokukaJohane 6

### UJesu usuthisa amadoda ayizinkulungwane eziyisihlanu

(Math. 14:13; Mark. 6:30; Luk. 9:12)

1Emva kwalokho uJesu wamuka waya phesheya kolwandle lwaseGalile olungolwaseTiberiya.

2Samlandela isixuku esikhulu, ngokuba babebona izibonakaliso azenzayo kwabagulayo.

3UJesu wenyukela entabeni, wahlala phansi khona nabafundi bakhe.

4Laliseduze iPhasika, umkhosi wabaJuda.

5 Kuthe uJesu ephakamisa amehlo, wabona ukuthi isixuku esikhulu siza kuye, wathi kuFiliphu: Sizakuzithengaphi izinkwa ukuba badle laba na?

6Washo njalo emvivinya, ngokuba yena wayekwazi azakukwenza.

7UFiliphu wamphendula wathi: Izinkwa zawodenariyu abangamakhulu amabili zingebanele, kube yilowo nalowo athole ingcosana.

8Omunye wabafundi bakhe, u-Andreya umfowabo kaSimoni Petru, wathi kuye:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Kukhona umfana lapha onezinkwa zebhali eziyisihlanu nezinhlanzana
ezimbili; kepha kuyini lokho kwabaningi kangaka na?

10UJesu wathi: Bahlaliseni abantu. Kwakukhona utshani obuningi kuleyo
ndawo. Ahlala phansi-ke amadoda, umumo wawo kungathi izinkulungwame
eziyisihlanu.

11UJesu wazithabatha izinkwa, wabonga, wayesezabela ababehlezi phansi,
kanjalo futhi nezinhlanzana, njengokuthanda kwabo.

12Kuthe sebesuthi, wathi kubafundi bakhe: Buthani imvuthuluka eseleyo,
kungachitheki lutho.

13Base bebutha, bagcwalisa iziqabetho eziyishumi nambili ngemvuthuluka
yezinkwa eziyisihlanu zebhali eyasala kwabadlileyo.

14 Kwathi-ke abantu bebona isibonakaliso uJesu asenzayo, bathi: Impela lo
ungumProfethi ozayo ezweni.

15 Ngakho-ke uJesu azi ukuthi bazakuza, bambambe, bambeke inkosi,
wamonyukela futhi entabeni yena yedwa.

### UJesu uhamba phezu kolwandle

(Math. 14:22; Mark. 6:45)

16 Sekuhlwa abafundi bakhe bewukela elwandle,

17bangena emkhunjini, bawela ulwandle beya eKapernawume. Kwase
kuhlwile, uJesu wayengakafiki kubo.

18Kwavunguza umoya omkhulu, lwavuka ulwandle.

19Khona sebegwedlile kungathi amastadiyu angamashumi amabili nanhlanu
noma amashumi amathathu, babona uJesu ehamba phezu kolwandle,
esondela emkhunjini; bethuka.

20Kepha wathi kubo: Yimina, ningesabi.

21Khona bafuna ukumngenisa emkhunjini, umkhumbi wawusufika masinyane
ezweni ababeya kulo.

### Isinkwa sokuphila

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

22Ngangomuso isixuku esasingaphesheya kolwandle sabona kungekho
omunye umkhunjana khona, sazi ukuthi ubumunye nje nokuthi uJesu
wayengangenanga emkhunjini kanye nabafundi bakhe, kepha ukuthi
abafundi bakhe babewele bodwa,

23kodwa eminye imikhunjana evela eTiberiya yafika eduze nendawo lapho
badla khona isinkwa, iNkosi ibongile;

24isixuku sathi ukubona ukuthi uJesu akakho lapho nabafundi bakhe, sangena
emikhunjaneni, naso saya eKapernawume sifuna uJesu.

25Kwathi ukuba bamfumane phesheya kolwandle, bathi: Rabi, ufike nini
lapha na?

26UJesu wabaphendula wathi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Aningifuni
ngokuba nabona izibonakaliso, kepha ningifuna ngokuba nadla izinkwa,
nasutha.

27 Ningasebenzeli ukudla okuphelayo kepha ukudla okuhlala kuze kube
ngukuphila okuphakade, eyakunipha khona iNdodana yomuntu, ngokuba
uYise uNkulunkulu ubekile uphawu kuyona.

28Bathi-ke kuye: Singenzani ukuba sisebenze imisebenzi kaNkulunkulu na?

29 Waphendula uJesu, wathi kubo: Umsebenzi kaNkulunkulu yilowo ukuba
nikholwe nguye amthumileyo.

30 Ngakho bathi kuye: Pho, wenza sibonakaliso sini ukuba sibone, sikholwe
nguwe, na? Usebenzani na?

31 Okhokho bethu badla imana ehlane njengokulotshiweyo ukuthi: Wabapha
isinkwa esivela ezulwini ukuba badle.

32UJesu wayesethi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Kwakungesiye
uMose owanipha isinkwa esivela ezulwini, kodwa uBaba unipha isinkwa
soqobo esivela ezulwini.

33Ngokuba isinkwa sikaNkulunkulu singuye owehla ezulwini, olipha izwe
ukuphila.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34Khona bathi kuye: Nkosi, siphe njalonjalo leso sinkwa.

35 UJesu wathi kubo: Mina ngiyisinkwa sokuphila; ozayo kimi kasoze alamba, nokholwa yimi kasoze oma.

36Kepha ngithe kini: Ningibonile, nokho anikholwa.

37 Konke angipha khona uBaba kuyakuza kimi; ozayo kimi angisoze ngamlahlela ngaphandle.

38Ngokuba ngehle ezulwini kungengukuba ngenze intando yami, kodwa ukuba ngenze intando yongithumileyo.

39 Lokhu kuyintando yongithumileyo ukuba konke angiphe khona ngingalahlekelwa lutho kukho, kodwa ngikuvuse ngomuhla wokuphela.

40 Ngokuba lokhu kuyintando kaBaba ukuba yilowo nalowo obona iNdodana, akholwe yiyo, abe nokuphila okuphakade; ngiyakumvusa mina ngomuhla wokuphela.

41Khona abaJuda bakhonona ngaye, ngokuba ethe: Ngiyisinkwa esehle ezulwini.

42 Bathi-ke: Lona akusiye uJesu indodana kaJosefa, uyise nonina sibazi na? Usesho kanjani, pho, ukuthi: Ngehle ezulwini, na?

43UJesu waphendula, wathi kubo: Ningakhononi phakathi kwenu.

44Akakho ongeza kimi, uma uBaba ongithumileyo engamdonsi; mina-ke ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela.

45 Kulotshiwe kubaprofethi ukuthi: Bonke bayakuba ngabafundiswe nguNkulunkulu. Yilowo nalowo ozwile kuBaba, wafunda, uyeza kimi.

46 Akusikho ukuthi ukhona oke wambona uBaba, kuphela ovela kuNkulunkulu; nguyena ombonile uBaba.

47 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Okholwayo unokuphila okuphakade.

48Mina ngiyisinkwa sokuphila.

49 Okhokho benu badla imana ehlane, bafa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

50Lesi siyisinkwa esehla ezulwini ukuba umuntu adle kuso, angafi.

51 Mina ngiyisinkwa esiphilayo esehla ezulwini. Uma umuntu edla lesi
sinkwa, uyakuphila phakade; futhi-ke isinkwa engizakusinikela ngenxa
yokuphila kwezwe siyinyama yami.

52Base bephikisana bodwa abaJuda, bethi: Lo angasinika kanjani inyama
yakhe, siyidle, na?

53Khona uJesu wathi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Uma ningayidli
inyama yeNdodana yomuntu, niphuze igazi layo, aninakuphila phakathi
kwenu.

54 Odla inyama yami, aphuze igazi lami, unokuphila okuphakade; mina
ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela.

55Ngokuba inyama yami ingukudla isibili, negazi lami lingukuphuza isibili.

56 Odla inyama yami, aphuze igazi lami, uhlala kimi, nami kuye.

57Njengalokho uBaba ophilayo ungithumile, nami ngiphila ngoBaba, lowo
ongidlayo naye uyakuphila ngami.

58Lesi siyisinkwa esehle ezulwini, kungenjengalokho okhokho benu badla
imana, bafa; osidlayo lesi sinkwa uyakuphila phakade.

59Lokho wakukhuluma esinagogeni efundisa eKapernawume.

60 Ngakho-ke abaningi kubafundi bakhe bekuzwa lokho bathi: Lilukhuni leli
zwi; ngubani ongalizwa na?

61Kepha uJesu azi phakathi kwakhe ukuthi abafundi bakhe bayakhonona
ngalokho, wathi: Lokhu kuyanicunula na?

62 Pho, uma nibona iNdodana yomuntu yenyukela lapho yayikhona kuqala,
niyakuthini na?

63 NguMoya ophilisayo, inyama ayisizi lutho; amazwi engiwakhulume kini
angumoya, angukuphila.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[64] Kepha bakhona abanye phakathi kwenu abangakholwa. Ngokuba uJesu wazi kwasekuqaleni ukuba ngobani abangakholwa nokuba ngubani ozakumkhaphela.

[65]Wayesethi: Kungenxa yalokho ngithe kini: Akakho ongeza kimi uma engakuphiwe nguBaba.

### Isivumo sikaPetru

[66]Emva kwalokho abaningi babafundi bakhe babuyela emuva, ababe besahamba naye.

[67]Ngakho uJesu wathi kwabayishumi nambili: Nani nithanda ukumuka na?

[68]USimoni Petru wamphendula wathi: Nkosi, siyakuya kubani na? Amazwi okuphila okuphakade akuwe.

[69] Siyakholwa, siyazi ukuthi wena ungoNgcwele kaNkulunkulu.

[70] UJesu wabaphendula wathi: Mina anginikhethanga nina abayishumi nambili na? Kepha omunye kini ungusathane.

[71]Wayekhuluma ngoJuda Iskariyothe kaSimoni, ngokuba nguye obezakumkhaphela engomunye wabayishumi nambili.

## NgokukaJohane 7

### UJesu ukhuphukela eJerusalema ngomkhosi wamadokodo

[1]Emva kwalokho uJesu wahamba eGalile, ngokuba wayengathandi ukuhamba eJudiya, lokhu abaJuda bebefuna ukumbulala.

[2] Kwase kusondele umkhosi wabaJuda, owamadokodo.

[3]Base bethi kuye abafowabo: Muka lapha, uye eJudiya, ukuze nabafundi bakho babone imisebenzi yakho oyenzayo.

[4]Ngokuba akukho muntu owenza utho ekusithekeni, efuna yena uqobo lwakhe abe sobala. Uma wenza lezi zinto, zibonakalise wena kulo izwe.

[5] Ngokuba nabafowabo babengakholwa nguye.

[6]Ngakho-ke uJesu wathi kubo: Isikhathi sami asikafiki, isikhathi senu silungile njalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Izwe lingenizonde nina, kepha mina liyangizonda, ngokuba ngifakaza ngalo ukuthi imisebenzi yalo mibi.

8Yenyukani nina, niye emkhosini; mina angenyukeli manje kulo mkhosi; ngokuba esami isikhathi asikapheleli.

9Eseshilo lokho kubo wahlala eGalile.

10Sebenyukele emkhosini abafowabo, naye-ke wenyuka, kungesobala kepha kungathi kungasese.

11Khona abaJuda bamfuna emkhosini, bathi: Uphi yena na?

12Kwaba khona ukukhonona okukhulu ngaye phakathi kwezixuku. Abanye bathi: Muhle; abanye bathi: Qha, ngokuba udukisa abantu.

13 Nokho kwakungekho muntu owakhuluma obala ngaye ngokwesaba abaJuda.

### Imfundiso ngoMesiya

14Kuthe sekuphakathi komkhosi, uJesu wenyukela ethempelini, wafundisa.

15 Ngakho abaJuda bamangala bathi: Lona uyazi kanjani imibhalo engafundanga na?

16 Khona uJesu wabaphendula wathi: Imfundiso yami akusiyo eyami kodwa ngeyongithumileyo.

17Uma umuntu ethanda ukwenza intando yakhe, uzakwazi ngemfundiso noma ivela kuNkulunkulu noma ngizikhulumela okwami.

18Okhuluma ngokwakhe ufuna udumo lwakhe; kepha ofuna udumo lomthumileyo lowo uqinisile; akukho ukungalungi kuye.

19 UMose kaninikanga yini umthetho na? Nokho akakho kini ogcina umthetho. Nifunelani ukungibulala na?

20 Isixuku saphendula sathi: Unedemoni wena; ngubani ofuna ukukubulala na?

21 UJesu waphendula, wathi kubo: Munye umsebenzi engiwenzile, niyamangala nonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Ngokuba uMose uninikile ukusoka -- kungesikho ukuthi kuvela kuMose kodwa kokhokho -- niyamsoka umuntu nangesabatha.

23Uma umuntu amukela ukusoka ngesabatha ukuze kungeqiwa umthetho kaMose, pho, ningithukuthelela ngokuba ngaphulukisa umuntu ngokuphelele ngesabatha na?

24 Ningahluleli ngokwamehlo, kepha yahlulelani ukwahlulela okulungileyo.

25 Base bethi abanye kwabaseJerusalema: Lo akusiye yini abafuna ukumbulala na?

26Bheka, ukhuluma obala, kabasho lutho kuye. Kungaba ngukuthi ababusi sebazi isibili ukuthi lo unguKristu na?

27 Kodwa lo siyamazi lapho evela khona; kepha uKristu, nxa efika, akakho owazi lapho evela khona.

28 Ngakho uJesu wamemeza efundisa ethempelini, wathi: Niyangazi, niyazi futhi ukuthi ngivelaphi; mina-ke angizizelanga, kodwa ongithumileyo uqinisile, eningamaziyo nina.

29 Ngiyamazi mina, ngokuba ngivela kuye, futhi nguye ongithumileyo.

30 Ngakho bafuna ukumbamba, kepha akubangakho owambeka isandla, ngokuba isikhathi sakhe sasingakafiki.

31 Kepha esixukwini abaningi bakholwa nguye, bathi: UKristu, nxa esefikile, uyakwenza izibonakaliso eziningi kunalezo azenzileyo lona na?

32AbaFarisi bezwa isixuku sikhonona ngalezo zinto ngaye; abapristi abakhulu nabaFarisi base bethuma izikhonzi ukuba zimbambe.

33 Ngakho-ke uJesu wathi: Kuseyisikhashana ngikhona kini, besengimuka, ngiye kongithumileyo.

34 Niyakungifuna, ningangifumani, nalapho ngikhona, ningeze nina.

35Ngakho abaJuda bakhuluma bodwa, bathi: Uzakuya ngaphi lo lapho singayikumthola na? Uyakuya kwabahlakazekileyo kumaGreki, afundise amaGreki, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

36Lizwi lini leli alishoyo lokuthi: Niyakungifuna, ningangifumani, nokuthi:
Lapho ngikhona, ningeze nina, na?

### Amanzi okuphila

37 Kepha ngosuku lokugcina olukhulu lomkhosi uJesu wema wamemeza
wathi: Uma ekhona owomileyo, akeze kimi, aphuze.

38Okholwa yimi, njengokusho kombhalo, esiswini sakhe kuyakugobhoza
imifula yamanzi aphilayo.

39 Washo lokho ngoMoya abazakumamukela abakholwa nguye, ngokuba
uMoya wayengakafiki, lokhu uJesu wayengakakhazimuliswa.

40 Abanye besixuku sebezwa lawa mazwi bathi: Lo ungumprofethi isibili.

41 Abanye bathi: Lo unguKristu. Kepha abanye bathi: Kanti uKristu uvela
eGalile na?

42 Awushongo yini umbhalo ukuthi uKristu uvela enzalweni kaDavide
naseBetlehema, emzaneni lapho wayekhona uDavide na?

43 Ngakho kwaba khona ukwahlukana ngaye esixukwini.

44Abanye-ke kubo babethanda ukumbamba; kepha akubangakho owambeka
izandla.

### Izikhonzi zifuna ukumbamba uJesu

45Zafika-ke izikhonzi kubapristi abakhulu nakubaFarisi. Bathi kuzo:
Animlethanga ngani na?

46 Izikhonzi zaphendula zathi: Akuzange kukhulume muntu njengokuba
kukhuluma lowo muntu.

47Ngakho abaFarisi baziphendula bathi: Kanti nani nidukisiwe na?

48Ukhona yini ezikhulwini nakubaFarisi oke wakholwa nguye na?

49Kodwa lesi sixuku esingawazi umthetho siqalekisiwe.

50 Wayesethi kubo uNikodemu owake weza kuye engomunye wabo:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

51 Konje umthetho wakithi uyamlahla yini umuntu ungakamuzwa kuqala, uze wazi akwenzayo, na?

52Baphendula, bathi kuye: Kanti nawe ungowaseGalile na? Phenyisisa, ubone ukuthi akuveli mprofethi eGalile.

53Base behamba, kwaba yilowo nalowo waya ekhaya.

## NgokukaJohane 8

### Owesifazane obanjwe ephinga

1 Khona uJesu waya eNtabeni Yeminqumo.

2Ekuseni kakhulu wabuye weza ethempelini; abantu bonke beza kuye; wayesehlala phansi, wabafundisa.

3Kepha ababhali nabaFarisi baletha kuye owesifazane ebanjwe ephinga; sebemmise phakathi kwabo,

4bathi kuye: Mfundisi, lo wesifazane ubanjwe esoqotsheni lokuphinga.

5 Emthethweni uMose wasiyala ngabanje ukuba bakhandwe ngamatshe. Pho, wena uthini na?

6 Bakusho lokho bemlinga, ukuze babe nokummangalela. Kepha uJesu wakhothama, waloba ngomunwe emhlabathini.

7 Wathi besambuza njalo, walulama, wathi kubo: Ongenasono phakathi kwenu kaqale amphonse ngetshe.

8Waphinda wakhothama, waloba emhlabathini.

9 Bathi ukuzwa lokho, belahlwa yizinhliziyo zabo baphuma ngabanye, beqalela kwabadala kwaze kwaba ngabokugcina, uJesu wasala yedwa; nowesifazane wayemi khona.

10UJesu wayeselulama; engaboni muntu ngaphandle kowesifazane wathi kuye: Sifazane, baphi labo bamangaleli bakho na? Akakho okulahlayo na?

11 Wayesethi: Akakho, Nkosi. Wathi-ke uJesu kuye: Nami angikulahli; hamba, ungabe usona.

### Ukukhanya kwezwe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngakho uJesu waphinda wakhuluma kubo, wathi: Mina ngingukukhanya kwezwe; ongilandelayo kasoze ahamba ebumnyameni, kodwa woba nokukhanya kokuphila.

13 Khona bathi kuye abaFarisi: Uyazifakazela wena; ubufakazi bakho ubuqinisile.

14 UJesu waphendula, wathi kubo: Noma ngizifakazela mina, ubufakazi bami buqinisile, ngokuba ngiyazi ukuthi ngavelaphi nokuthi ngiyaphi; kepha nina anazi ukuthi ngivelaphi nokuthi ngiyaphi.

15 Nina nahlulela ngokwenyama, kepha mina angahluleli muntu.

16 Nakuba ngahlulela, ukwahlulela kwami kungokuqinisileyo, ngokuba ngingengedwa, kodwa yimina nongithumileyo.

17 Yebo, kulotshiwe nasemthethweni wakini ukuthi ubufakazi babantu ababili bungobuqinisileyo.

18 Mina ngingozifakazelayo; noBaba ongithumileyo ufakaza ngami.

19 Base bethi kuye: Uphi uyihlo na? UJesu waphendula ngokuthi: Anazi nami naBaba; uma beningazi mina, nga nimazi noBaba.

20 Lawo mazwi wawakhuluma ngasemphongolweni weminikelo efundisa ethempelini; akubangakho ombambayo, ngokuba isikhathi sakhe sasingakafiki.

21 Khona waphinda wathi kubo: Ngiyamuka mina, niyakungifuna, nifele ezonweni zenu; lapho ngiya khona mina, ningeze nina.

22 Base bethi abaJuda: Imbala uzakuzibulala yini, lokhu ethi: Lapho ngiya khona mina, ningeze nina, na?

23 Wathi kubo: Nina ningabaphansi, mina ngingowaphezulu; nina ningabaleli zwe, mina angingowaleli zwe.

24 Ngakho-ke ngathi kini nizakufela ezonweni zenu; ngokuba uma ningakholwa ukuthi nginguye, nizakufela ezonweni zenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Base bethi kuye: Wena ungubani na? Wathi kubo uJesu: Lokho enganitshela khona kwasekuqaleni.

26Nginezinto eziningi enginokuzikhuluma nokwahlulela ngani, kepha ongithumileyo uqinisile, nami engakuzwa kuye ngikukhuluma ezweni.

27Kabazanga ukuthi ukhuluma kubo ngoYise.

28 Wayesethi uJesu: Nxa seniyiphakamisile iNdodana yomuntu, khona-ke nizakwazi ukuthi nginguye nokuthi angenzi lutho ngokwami, kodwa ngikhuluma lokhu njengokuba uBaba engifundisile.

29 Ongithumileyo unami, kangishiyanga ngedwa, ngokuba ngenza njalo okuthandeka kuye.

**UJesu uphendulana nabaJuda ngo-Abrahama**

30Esakhuluma lokho, abaningi bakholwa nguye.

31 Khona uJesu wathi kubaJuda abase bekholiwe nguye: Uma nimi ezwini lami, ningabafundi bami isibili;

32 niyakulazi iqiniso, neqiniso liyakunikhulula.

33 Bamphendula bathi: Siyinzalo ka-Abrahama thina, asibonange sibe yizigqila zamuntu; wena usho kanjani ukuthi: Nizakuba ngabakhululekileyo na?

34 UJesu wabaphendula wathi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Yilowo nalowo owenza isono uyisigqila sesono.

35 Isigqila kambe asihlali phakade endlini; kepha indodana ihlala phakade.

36Ngakho-ke uma iNdodana inikhulula, niyakuba ngabakhululekileyo impela.

37Ngiyazi ukuthi niyinzalo ka-Abrahama; kepha nifuna ukungibulala, ngokuba izwi lami lingenandawo kini.

38Ngikhuluma lokho engikubonile mina kuBaba; nani-ke nenza lokho enikuzwile kuyihlo.

39 Baphendula, bathi kuye: Ubaba ngu-Abrahama. UJesu wathi kubo: Uma beningabantwana baka-Abrahama; beniyakwenza imisebenzi ka-Abrahama.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

40Kodwa kalokhu nifuna ukungibulala mina muntu onitshele iqiniso, engilizwe kuNkulunkulu; u-Abrahama kakwenzanga lokho.

41Nina nenza imisebenzi kayihlo. Bathi kuye: Thina asizalwanga ngokuphinga; sinobaba munye, uNkulunkulu.

42 Wathi kubo uJesu: Uma uNkulunkulu ebenguyihlo, beniyakungithanda mina, ngokuba ngafika ngivela kuNkulunkulu; ngokuba angizizelanga ngokwami, kepha yena ungithumile.

43 Yini ukuba ningayizwisisi inkulumo yami na? Kungokuba aninakuzwa izwi lami.

44Nina ningabakayihlo uSathane, nithanda ukwenza izinkanuko zikayihlo. Yena wayengumbulali wabantu kwasekuqaleni, akemi eqinisweni, ngokuba iqiniso lingekho kuye. Nxa ekhuluma amanga, ukhuluma okungokwakhe, lokhu engumqambimanga noyise wawo.

45 Kepha mina, ngokuba ngikhuluma iqiniso, anikholwa yimi.

46 Ngumuphi kini ongangilahla ngesono na? Uma ngikhuluma iqiniso, anikholwa yimi ngani na?

47OngokaNkulunkulu uzwa amazwi kaNkulunkulu; kungakho ningezwe nina, ngokuba anisibo abakaNkulunkulu.

48 Baphendula abaJuda, bathi kuye: Asisho kahle yini ukuthi ungumSamariya nokuthi unedemoni na?

49UJesu waphendula wathi: Anginademoni, kepha ngidumisa uBaba; nina-ke niyangidumaza.

50Mina-ke angifuni olwami udumo; ukhona ofunayo nowahlulelayo.

51 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Uma umuntu egcina izwi lami, akasoze akubona ukufa naphakade.

52Bathi kuye abaJuda: Manje sesiyazi ukuthi unedemoni; u-Abrahama wafa, nabaprofethi; wena-ke uthi: Uma umuntu egcina izwi lami, kasoze akuzwa ukufa naphakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

53 Wena umkhulu yini kunobaba u-Abrahama osewafa na? Nabaprofethi sebafa. Uzenza bani na?

54 UJesu waphendula wathi: Uma ngizidumisa mina, udumo lwami luyize; nguBaba ongidumisayo, enisho ngaye ukuthi unguNkulunkulu wenu.

55 Kanti animazanga, kepha mina ngiyamazi. Uma ngithi angimazi, ngingaba ngumqambimanga njengani. Kepha ngiyamazi, ngigcina izwi lakhe.

56 U-Abrahama uyihlo wathokozela ukubona usuku lwami, walubona, wajabula.

57 Base bethi kuye abaJuda: Awukabi naminyaka engamashumi ayisihlanu, kanti u-Abrahama usuke wambona na?

58 UJesu wathi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Engakabikho u-Abrahama, ngangikhona mina.

59 Base bethatha amatshe ukuba bamkhande. Kepha uJesu wasithela, waphuma ethempelini.

## NgokukaJohane 9

### UJesu uvula amehlo omuntu owayezelwe eyimpumputhe

1 Wathi edlula, wabona umuntu owayeyimpumputhe kwasekuzalweni kwakhe.

2 Abafundi bakhe bambuza bathi: Rabi, ngubani owonayo, lona noma abazali bakhe, aze azalwe eyimpumputhe na?

3 UJesu waphendula wathi: Akonanga noma yena noma abazali bakhe, kodwa ukuze kubonakaliswe kuye imisebenzi kaNkulunkulu.

4 Ngimelwe ukusebenza imisebenzi yongithumileyo, kusesemini; buyeza ubusuku, lapho kungesebenze muntu.

5 Ngisekhona ezweni ngingukukhanya kwezwe.

6 Eseshilo lokho wafela amathe emhlabathini, wenza udaka ngamathe, waninda amehlo ayo ngodaka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Wathi kuyo: Hamba uyogeza echibini laseSilowama, okuhunyushwa
ngokuthi oThunyiweyo; yamuka-ke, yageza, yeza ibona.

8Ngakho abakhelene nayo nababeyibonile phambili iyisinxibi bathi: Akusiye
lo owayehlezi enxiba na?

9Abanye bathi: Nguyena, abanye bathi: Qha, kepha ufana naye; yena wathi:
Nginguye.

10Base bethi kuye: Pho, amehlo akho avulwe kanjani na?

11Waphendula yena, wathi: Umuntu othiwa uJesu wenza udaka, wagcoba
amehlo ami, wathi kimi: Yana eSilowama, ugeze. Ngaya, ngageza, ngabona.

12Bathi kuye: Uphi yena na? Wathi: Angazi.

13Bamyisa kubaFarisi lowo okade eyimpumputhe.

14 Kwakuyisabatha mhla uJesu enza udaka, evula amehlo akhe.

15Khona nabaFarisi futhi bambuza ukuthi ukuthole kanjani ukubona. Wathi
kubo: Waninda amehlo ami ngodaka, ngageza, sengiyabona.

16 Ngakho abanye kubaFarisi bathi: Lona kaveli kuNkulunkulu, lokhu
engagcini isabatha. Abanye bathi: Umuntu oyisoni angazenza kanjani
izibonakaliso ezinje na? Kwaba khona ukwahlukana phakathi kwabo.

17 Khona baphinda bathi kuyo impumputhe: Wena uthini ngaye, lokhu evule
amehlo akho, na? Yathi: Ungumprofethi.

18Kepha abaJuda abakholwanga ngaye ukuthi wabeyimpumputhe nokuthi
usethole ukubona, baze babiza abazali bakhe lowo osethole ukubona.

19Bababuza bathi: Lo uyindodana yenu enithi ngayo yazalwa iyimpumputhe
na? Pho, isibona kanjani manje na?

20Abazali bakhe base bephendula bethi: Siyazi ukuthi lo uyindodana yethu
nokuthi wazalwa eyimpumputhe;

21kepha ukuthi usebona kanjani kalokhu asazi, nokuthi ngubani ovule amehlo
akhe asazi; mbuzeni yena, usekhulile, uzozikhulumela yena.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Abazali bakhe basho lokho, ngokuba besaba abaJuda. Ngokuba abaJuda base bevumelene ngokuthi, uma ekhona ovuma ukuba unguKristu, kakhishwe esinagogeni.

23 Ngakho-ke abazali bakhe bathi: Usekhulile, mbuzeni yena.

24 Bambiza-ke ngokwesibili lowo muntu owabeyimpumputhe, bathi kuye: Mnike uNkulunkulu udumo; thina siyazi ukuthi lowo muntu uyisoni.

25 Yena wayesephendula ethi: Nokuba uyisoni angazi; kunye engikwaziyo, ukuthi bengiyimpumputhe, manje sengiyabona.

26 Bathi-ke kuye: Wenzeni kuwe na? Uwavule kanjani amehlo akho na?

27 Wabaphendula wathi: Kade nginitshela, kepha anizwanga; nifunelani ukuzwa futhi na? Niyafuna yini nani ukuba ngabafundi bakhe na?

28 Bamthuka bathi: Nguwe ongumfundi wakhe, kepha thina singabafundi bakaMose.

29 Siyazi ukuthi uNkulunkulu wakhuluma kuMose, kodwa lo asimazi lapha evela khona.

30 Waphendula lowo muntu, wathi kubo: Lokhu kuyisimangaliso ukuthi nina anazi lapho evela khona, ingani uvule amehlo ami.

31 Siyazi ukuthi uNkulunkulu akazizwa izoni, kodwa uma umuntu emesaba uNkulunkulu, ayenze intando yakhe, uyamuzwa lowo.

32 Selokhu kwathini akuzange kuzwakale ukuthi ukhona owavula amehlo ozelwe eyimpumputhe.

33 Uma lo ebengaveli kuNkulunkulu, ubengenakwenza lutho.

34 Baphendula, bathi kuye: Wena wazalwa ezonweni ngokwempela, wena ufundisa thina na? Base bemkhiphela phandle.

35 UJesu wezwa ukuthi bamkhiphele phandle; kwathi emfumana, wathi: Uyakholwa yiNdodana kaNkulunkulu na?

36 Waphendula yena, wathi: Ingubani, Nkosi, ngize ngikholwe yiyo, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

37 UJesu wathi kuye: Usuyibonile; okhuluma nawe yiyona.

38Wayesethi: Ngiyakholwa, Nkosi. Wakhuleka kuye.

39 Wathi uJesu: Mina ngizele ukwahlulela kuleli zwe ukuba abangaboniyo babone, nababonayo babe yizimpumputhe.

40Labo kubaFarisi ababenaye bezwa lokho, bathi kuye: Pho, nathi siyizimpumputhe na?

41 Wathi kubo uJesu: Ukuba beniyizimpumputhe, ngabe aninasono. Kepha manje nithi: Siyabona; isono senu sihlezi.

## NgokukaJohane 10

### Umalusi omuhle

1 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Ongangeni ngesango esibayeni sezimvu, kodwa ekhwela ngenye indawo, lowo uyisela nomphangi.

2Kepha ongena ngesango ungumalusi wezimvu.

3 Umlindisango uyamvulela lowo; nezimvu ziyalizwa izwi lakhe; ubiza ezakhe izimvu ngamagama, aziholele phandle.

4Nxa esezikhiphile ezakhe zonke, uhamba phambi kwazo, izimvu zimlandele, ngokuba zilazi izwi lakhe.

5Kepha umfokazi azisoze zamlandela, kodwa ziyakumbalekela, ngokuba zingalazi izwi labafokazi.

6UJesu washo lo mfanekiso kubo; kepha bona abezwisisanga ukuba kuyini lokho akukhuluma kubo.

7Ngakho-ke uJesu wabuye wathi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Mina ngiyisango lezimvu.

8Bonke abafike ngaphambi kwami bangamasela nabaphangi, kepha izimvu azibezwanga.

9 Mina ngiyisango; uma umuntu engena ngami, uyakusindiswa, angene, aphume, afumane idlelo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Isela kalizi kungengokweba nokubulala nokubhubhisa; mina ngize ukuba babe nokuphila, babe nakho kuchichime.

11 Ngingumalusi omuhle. Umalusi omuhle udela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu.

12 Okhokhelwayo engesiye umalusi, izimvu zingesizo ezakhe, ebona impisi iza, ushiya izimvu, abaleke -- impisi izibhozomele, izihlakaze --

13ngokuba engokhokhelwayo, engazinakekeli izimvu.

14 Mina ngingumalusi omuhle; ngiyazazi ezami, nezami ziyangazi,

15 njengalokhu uBaba uyangazi, nami ngiyamazi uBaba; ngidela ukuphila kwami ngenxa yezimvu.

16 Nezinye izimvu nginazo ezingesizo ezalesi sibaya; nalezo ngimelwe ukuziletha; ziyakuzwa izwi lami, kube mhlambi munye nomalusi munye.

17Ngalokho uBaba uyangithanda, ngokuba ngidela ukuphila kwami ukuba ngibuye ngikuthabathe.

18 Akakho ongangamuka ukuphila kwami, kodwa ngikudela ngokwami; nginamandla okukudela, nginamandla okubuye ngikuthabathe. Lo myalo ngiwamukele kuBaba.

19 Kwaba khona futhi ukwahlukana phakathi kwabaJuda ngalawo mazwi.

20 Abaningi kubo bathi: Unedemoni, uyahlanya; nimlalelelani na?

21Abanye bathi: Lawo mazwi akusiwo awomuntu onedemoni; imbala idemoni lingavula amehlo ezimpumputhe na?

### UJesu unguMesiya

22Khona kwakungumkhosi wokuhlanjululwa kwethempeli eJerusalema, kusebusika.

23 UJesu wayehamba ethempelini emphemeni kaSolomoni.

24 Base bemhaqa abaJuda bethi kuye: Koze kube nini ulibazisa izinhliziyo zethu na? Uma wena unguKristu, sitshele ngokuchachileyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25 UJesu wabaphendula wathi: Nganitshela, kodwa anikholwanga; imisebenzi engiyenzayo egameni likaBaba yiyona efakaza ngami.

26 Kodwa nina anikholwa, ngokuba anisibo abezimvu zami.

27 Izimvu zami ziyalizwa izwi lami; nami ngiyazazi, ziyangilandela;

28 ngizinika ukuphila okuphakade, azisoze zabhubha naphakade; akakho ongazihlwitha esandleni sami.

29 UBaba onginikileyo mkhulu kunabo bonke; akakho ongazihlwitha esandleni sikaBaba.

30 Mina noBaba simunye.

31 AbaJuda base bebuye bethatha amatshe ukuba bamkhande.

32 UJesu wabaphendula wathi: Nginitshengise imisebenzi eminingi emihle evela kuBaba; yimuphi umsebenzi kulena eningikhandela wona na?

33 Bamphendula abaJuda, bathi: Asikukhandi ngenxa yomsebenzi omuhle kepha ngenxa yokuhlambalaza, ngokuba wena ungumuntu ozenza uNkulunkulu.

34 UJesu wabaphendula wathi: Akulotshiwe yini emthethweni wakini ukuthi: Ngithe: Ningonkulunkulu, na?

35 Uma wathi bangonkulunkulu bona eleza kubo izwi likaNkulunkulu -- nombhalo ungeqiwe --

36 nithi ngaye uYise amahlukanisileyo, wamthumela ezweni, ukuba uyahlambalaza, ngokuba ngithe: NgiyiNdodana kaNkulunkulu, na?

37 Uma ngingenzi imisebenzi kaBaba, maningakholwa yimi.

38 Kepha uma ngiyenza, nakuba ningakholwa yimi, kholwani yimisebenzi, ukuze nazi, niqonde ukuthi uBaba ukimi, nami ngikuBaba.

39 Base befuna futhi ukumbamba, kepha waphunyuka esandleni sabo.

40 Waphinda wamuka, waya phesheya kweJordani kuleyo ndawo lapho uJohane waqala ukubhapathiza khona, wahlala lapho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

41Nabaningi beza kuye, bathi: UJohane nempela akenzanga sibonakaliso nasinye, kepha konke uJohane akusho ngalowo muntu kwakuqinisile.

42Abaningi bakholwa nguye lapho.

## NgokukaJohane 11

### Ukuvuswa kukaLazaru

1 Kwakukhona othile ogulayo, uLazaru waseBethaniya umuzi wakubo kaMariya nodadewabo uMarta.

2 UMariya kwakunguye owagcoba iNkosi ngamafutha, wesula izinyawo zayo ngezinwele zakhe, omnewabo uLazaru wayegula.

3Ngakho-ke odadewabo bathumela kuye, bathi: Nkosi, bheka, lo omthandayo uyagula.

4 UJesu esekuzwile lokho wathi: Lokhu kugula akusikho okokufa, kodwa kungenxa yenkazimulo kaNkulunkulu ukuba iNdodana kaNkulunkulu ikhazimuliswe ngakho.

5Kepha uJesu wayebathanda oMarta nodadewabo noLazaru.

6Ngakho-ke kwathi ezwa ukuthi uyagula, wahlala futhi izinsuku ezimbili endaweni abe kuyo.

7Emva kwalokho wathi kubafundi bakhe: Asibuye, siye eJudiya.

8 Abafundi bathi kuye: Rabi, abaJuda basand ukufuna ukukukhanda ngamatshe; usaya futhi khona na?

9 UJesu waphendula wathi: Awakho yini amahora ayishumi nambili emini na? Uma umuntu ehamba emini, akakhubeki, ngokuba ubona ukukhanya kwaleli zwe.

10Kodwa uma umuntu ehamba ebusuku, uyakhubeka, ngokuba kungekho ukukhanya kuye.

11 Wakhuluma lokho; emva kwalokho wathi kubo: ULazaru umhlobo wethu ulele, kepha ngiyahamba ukuba ngimvuse ebuthongweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[12]Abafundi bakhe base bethi kuye: Nkosi, uma elele, uyakusinda.

[13]Kepha uJesu wayekhuluma ngokufa kwakhe, kepha bona babethi ukhuluma ngokulala ubuthongo.

[14]Ngakho-ke uJesu wathi kubo ngokuchachileyo: ULazaru ufile;

[15]ngiyathokoza ngenxa yenu ukuthi bengingekho, ukuze nikholwe; kepha asiye kuye.

[16] Khona uTomase, othiwa uDidimu, wathi kubafundi abakanye naye: Asihambe nathi, ukuze sife kanye naye.

[17]Kwathi-ke esefika uJesu, wamfumana esenezinsuku ezine ethuneni.

[18]IBethaniya laliseduze neJerusalema, kungaba ngamastadiyu ayishumi nanhlanu.

[19]Abaningi kubaJuda babefikile koMarta noMariya ukubakhuza ngomnewabo.

[20]Ngakho uMarta esezwe ukuthi uJesu uyeza, waya ukumhlangabeza, kepha uMariya wahlala endlini.

[21]Wayesethi uMarta kuJesu: Nkosi, uma ubukhona, umnewethu nga engafanga;

[22]kepha ngiyazi nakalokhu ukuthi nokuba yini ongakucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzakukunika khona.

[23]UJesu wathi kuye: Umnewenu uzakuvuka.

[24] UMarta wathi kuye: Ngiyazi ukuthi uyakuvuka ekuvukeni ngosuku lokugcina.

[25] UJesu wathi kuye: Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi, noma efa, wophila.

[26] Nalowo ophila, akholwe yimi, kasoze afa naphakade. Uyakholwa yilokho na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

27 Wathi kuye: Yebo, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, obezakuza ezweni.

28Eseshilo lokho wamuka wabiza uMariya udadewabo ngasese, wathi: UMfundisi ukhona, uyakubiza.

29Yena-ke ekuzwa lokho wasuka masinyane, waya kuye.

30Kepha uJesu wayengakafiki emzini, kodwa wayesekuleyo ndawo uMarta amhlangabeza kuyo.

31AbaJuda ababesendlini naye bemkhuza, bebona uMariya esuka masinyane ephuma, bamlandela, bathi: Uya ethuneni ukuba akhale khona.

32UMariya esefike lapho ekhona uJesu, embona, wawa ngasezinyaweni zakhe, wathi: Nkosi, uma ubukhona, umnewethu nga engafanga.

33Ngakho uJesu embona ekhala, nabaJuda abafika naye bekhala, wabubula emoyeni, wakhathazeka;

34wathi: Nimbekephi na? Bathi kuye: Nkosi, woza ubone.

35UJesu wakhala izinyembezi.

36Ngakho-ke abaJuda bathi: Bheka, ukumthanda kwakhe okungaka.

37 Kepha abanye kubo bathi: Lo owavula amehlo empumputhe wayengekwenze yini ukuba yena lo angafi na?

38Ngakho uJesu, ebubula futhi phakathi kwakhe, wafika ethuneni. Lalingumhume, kwakukhona itshe phezu kwawo.

39Wathi uJesu: Susani itshe. UMarta, udadewabo wofileyo, wathi kuye: Nkosi, usenuka; ngokuba sezizine.

40UJesu wathi kuye: Angishongo yini kuwe ukuthi uma ukholwa, uzakubona inkazimulo kaNkulunkulu, na?

41 Balisusa-ke itshe. Kepha uJesu waphakamisa amehlo, wathi: Baba, ngiyakubonga ngokuba ungizwile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

42Bengazi mina ukuthi ungizwa njalo, kodwa ngenxa yesixuku esingiphahlileyo ngishilo lokho, ukuze bakholwe ukuthi nguwena ongithumileyo.

43 Esekhulume lokho wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Lazaru, phuma.

44Waphuma ofileyo eboshwe izinyawo nezandla ngezindwangu, ubuso bakhe bumboziwe ngeduku. UJesu wathi kubo: Mthukululeni, nimyeke ahambe.

### Umphakathi unquma ukumbulala uJesu

45 Khona abaningi kubaJuda ababezile kuMariya bebona abekwenzile, bakholwa nguye.

46Kepha abanye babo baya kubaFarisi, babatshela abekwenzile uJesu.

47 Ngalokho abapristi abakhulu nabaFarisi base bemema umphakathi, bathi: Siyakwenze njani na? Lo muntu wenza izibonakaliso eziningi;

48uma simyeka njalo, bazakukholwa nguye bonke; amaRoma ayakufika, asamuke indawo nesizwe.

49Kepha othile wabo, uKayafase, engumpristi omkhulu walowo mnyaka, wathi kubo: Anazi lutho nina;

50 aniqondi futhi ukuthi kunilungele ukuba umuntu oyedwa afele abantu, isizwe sonke singabhubhi.

51 Lokho kakushongo ngokwakhe, kodwa engumpristi omkhulu walowo mnyaka waprofetha ukuba uJesu wayezakufa ngenxa yesizwe;

52 kungengenxa yesizwe kuphela, kepha ukuba abuthele ndawonye abantwana bakaNkulunklu abahlakazekileyo, babe munye.

53 Kusukela kulolo suku baceba ukuba bambulale.

54Ngakho uJesu kabuyange esahamba obala phakathi kwabaJuda, kepha wamuka lapho, waya ezweni eliseduze nehlane emzini othiwa i-Efrayimi; wahlala khona nabafundi bakhe.

55 Lase liseduze iPhasika labaJuda; abaningi abavela emaphandleni bakhuphukela eJerusalema ngaphambi kwePhasika ukuba bazihlambulule.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[56]Ngakho bamfuna uJesu, bexoxa bemi ethempelini, bethi: Nithini na? Akayikuza nempela emkhosini na?

[57]Abapristi abakhulu nabaFarisi babekhiphe umyalo wokuthi uma kukhona owaziyo lapho ekhona, ababikele, ukuze bambambe.

## NgokukaJohane 12

### UJesu ugcotshwa eBethaniya

(Math. 26:6; Mark. 14:3)

[1] Ngakho kuseyizinsuku eziyisithupha ngaphambi kwePhasika, uJesu wafika eBethaniya, lapho wayekhona uLazaru uJesu amvusa kwabafileyo.

[2]Base bemenzela ukudla khona; uMarta wayephaka, kepha uLazaru wayengomunye wababehlezi ekudleni naye.

[3] UMariya wayesethatha ilitra lamafutha enadi lodwa elinenani elikhulu, wagcoba izinyawo zikaJesu, wesula izinyawo zakhe ngezinwele zakhe; indlu yagcwala iphunga lamafutha.

[4]Kepha uJuda Iskariyothe, omunye wabafundi bakhe obezakumkhaphela, wathi:

[5] Yini ukuba lawa mafutha engathengiswanga ngawodenariyu abangamakhulu amathathu, kwaphiwa abampofu, na?

[6] Washo lokho kungengokuba ekhathalele abampofu, kepha ngokuba eyisela, ephethe isikhwama, eba okufakwa kuso.

[7]Ngakho uJesu wathi: Myeke ukuba awalondolozele usuku lokumbelwa kwami.

[8]Ngokuba abampofu ninabo njalo, kepha mina aninami njalo.

[9] Ngakho isixuku esikhulu sabaJuda sezwa ukuthi ulapho. Beza-ke kungengenxa kaJesu kuphela, kepha nokuba babone uLazaru abemvusile kwabafileyo.

[10]Kepha abapristi abakhulu benza icebo lokuba babulale noLazaru,

[11]ngokuba ngenxa yakhe abaningi babaJuda bamuka bakholwa nguJesu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

### UJesu ungena eJerusalema

(Math. 21:1; Mark. 11:1; Luk. 19:29)

12 Ngangomuso abantu abaningi abafike emkhosini sebezwile ukuthi uJesu uyeza eJerusalema,

13 bathatha amahlamvu esundu, baphuma ukumhlangabeza. Bamemeza bathi: Hosiyana! Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi, yebo, iNkosi ka-Israyeli.

14UJesu esefumene imbongolo entsha wakhwela kuyo njengokulotshiwe ukuthi:

15 Ungesabi, ndodakazi yaseSiyoni; bheka, iNkosi yakho iza, ikhwele etholeni lembongolo.

16 Lokho abafundi bakhe abakuqondanga ekuqaleni; kodwa esekhazimulisiwe uJesu, base bekhumbula ukuthi kulotshiwe lokho ngaye nokuthi babekwenzile lokho kuye.

17Ngakho safakaza isixuku esasinaye, lapho ebiza uLazaru aphume ethuneni, emvusa kwabafileyo.

18Ngenxa yalokho isixuku saya samhlangabeza, ngokuba sase sizwile ukuthi wayesenzile leso sibonakaliso.

19Ngakho abaFarisi bakhuluma bodwa, bathi: Niyabona ukuthi anisizi lutho; bheka, izwe lonke liyamlandela.

### UJesu ukhuluma ngokufa kwakhe

20Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyuka ukuba bakhuleke emkhosini.

21 Lawo-ke aya kuFiliphu waseBetsayida laseGalile, acela kuye, athi: Nkosi, sithanda ukubona uJesu.

22UFiliphu weza wamtshela u-Andreya. Weza u-Andreya noFiliphu, basho kuJesu.

23 UJesu waphendula, wathi kubo: Sesifikile isikhathi sokuba ikhazimuliswe iNdodana yomuntu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini ingafi, ihlala yodwa; kepha uma ifa, ithela izithelo eziningi.

25 Lowo othanda ukuphila kwakhe ulahlekelwa yikho, nozonda ukuphila kwakhe kuleli zwe uyakukulondela ukuphila okuphakade.

26 Uma umuntu engikhonza, akangilandele; nalapha ngikhona mina, soba khona nesikhonzi sami. Uma umuntu engikhonza, uBaba uyakumazisa lowo.

27 Kalokhu umphefumulo wami ulusizi, ngizakuthini na? Baba, ngisindise kulo mzuzu. Kodwa ngenxa yalokhu ngize kulo mzuzu.

28 Baba, khazimulisa igama lakho. Kwase kufika izwi livela ezulwini, lithi: Ngilikhazimulisile, ngobuye ngilikhazimulise.

29 Ngakho abantu ababemi bezwa bathi: Beliduma; abanye bathi: Ingelosi ikhulume kuye.

30 UJesu waphendula wathi: Leli zwi alizanga ngenxa yami kepha ngenxa yenu.

31 Kalokhu kungukwahlulelwa kwaleli zwe; kalokhu umbusi waleli zwe uzakuxoshwa.

32 Mina, nxa ngiphakanyiswa emhlabeni, ngiyakubadonsela kimi bonke.

33 Lokho-ke wakusho efanekisa ukufa okumfanele afe ngakho.

34 Ngakho isixuku samphendula sathi: Sizwile emthethweni ukuthi uKristu uyakuma phakade; usho kanjani wena ukuthi iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa na? Ingubani le Ndodana yomuntu na?

35 Wayesethi kubo uJesu: Kuseyisikhashana ukukhanya kukhona kini. Hambani nise nokukhanya, ukuze ubumnyama bunganehleli. Ohamba ebumnyameni akazi ukuthi uya ngaphi.

36 Nise nokukhanya kholwani ngukukhanya, ukuze nibe ngabantwana bokukhanya. Washo lokho uJesu, wamuka, wasithela kubo.

### Ukwahlulelwa kwabaJuda ngokungakholwa kwabo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

37Kepha noma ebezenzile izibonakaliso ezingaka phambi kwabo, abakholwanga nguye

38 ukuba izwi lika-Isaya umprofethi ligcwaliseke, alikhuluma lokuthi: Nkosi, ngubani owakholwa ngukushumayela kwethu na? Ingalo yeNkosi yambulelwa bani na?

39Ngalokho babengekholwe, ngokuba u-Isaya washo futhi ukuthi:

40 Uphuphuthekisile amehlo abo, wayenza lukhuni inhliziyo yabo, funa babone ngamehlo, baqonde ngenhliziyo, baphenduke, ngibaphulukise.

41 U-Isaya wakusho lokho, ngokuba ebona inkazimulo yakhe, ekhuluma ngaye.

42 Nokho abaningi nasezikhulwini bakholwa nguye, kodwa ngenxa yabaFarisi abakuvumanga, funa bakhishwe esinagogeni;

43 ngokuba babethanda udumo lwabantu kunodumo lukaNkulunkulu.

44 Khona uJesu wamemeza wathi: Okholwa yimi kakholwa yimi kepha ngongithumileyo.

45 Obona mina ubona ongithumileyo.

46Ngize ezweni ngingukukhanya ukuba yilowo nalowo okholwa yimi angahlali ebumnyameni.

47 Uma umuntu ezwa amazwi ami engawalondi, lowo angimahluleli mina, ngokuba angizanga ukuba ngahlulele izwe, kepha ukuba ngisindise izwe.

48 Ongalayo engawamukeli amazwi ami unomahlulelayo; izwi engalikhulumayo yilona eliyakumahlulela ngosuku lokugcina.

49Ngokuba mina angikhulumanga ngokwami, kodwa uBaba ongithumileyo nguye onginike umyalo wokuba ngizakuthini, ngikhulumeni.

50 Ngiyazi ukuthi umyalo wakhe ungukuphila okuphakade. Ngakho-ke lokho engikukhulumayo ngikukhuluma njengalokho uBaba angitshela khona.

## NgokukaJohane 13

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Isidlo sokugcina sikaJesu nabafundi bakhe

1 Kwathi ngaphambi komkhosi wePhasika uJesu azi ukuthi isikhathi sakhe sesifikile ukuba amuke kuleli zwe, aye kuYise, ebathandile abakhe abasezweni wabathanda kwaze kwaba sekupheleni.

2 Sekudliwa, uSathane esekufake enhliziyweni kaJuda Iskariyothe kaSimoni ukuba amkhaphele,

3 uJesu ekwazi ukuthi uYise unikele konke ezandleni zakhe nokuthi wavela kuNkulunkulu, futhi ubuyela kuNkulunkulu,

4 wasuka ekudleni, wabeka izingubo zakhe, wathabatha indwangu, wakhwica.

5 Emva kwalokho wathela amanzi emcengezini, waqala ukugeza izinyawo zabafundi, wazesula ngendwangu abekhwice ngayo.

6 Wafika-ke kuSimoni Petru. Wathi kuye: Nkosi, wena ugeza izinyawo zami na?

7 UJesu waphendula, wathi kuye: Lokhu engikwenzayo awukwazi manje, kodwa uzakukuqonda emva kwalokhu.

8 UPetru wathi kuye: Awusoze wageza izinyawo zami naphakade. UJesu waphendula wathi: Uma ngingakugezi, awunasabelo nami.

9 USimoni Petru wathi kuye: Nkosi, akungabi yizinyawo zodwa kepha nezandla nekhanda.

10 UJesu wathi kuye: Ogeziweyo kadingi lutho, kuphela ukugezwa izinyawo, kepha ugezekile wonke. Nina-ke nigezekile, kodwa angisho nonke.

11 Ngokuba emazi obezakumkhaphela kungalokho athi: Anigezekile nonke.

12 Esegeze izinyawo zabo wathabatha izingubo zakhe, wabuye wahlala, wathi kubo: Niyakwazi yini engikwenzile kini na?

13 Ningibiza nithi: Mfundisi, Nkosi; nisho kahle, ngokuba ngiyikho.

14 Uma-ke mina, iNkosi noMfundisi, ngigeze izinyawo zenu, nani-ke nifanele ukugezana izinyawo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Ngokuba ngininikile isibonelo ukuba nenze nani njengokuba ngenzile kini.

16 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Inceku ayinkulu kunenkosi yayo,
nothunyiweyo kamkhulu kunomthumileyo.

17Uma nazi lokho, nibusisiwe uma nikwenza.

18 Angikhulumi ngani nonke; ngiyabazi engibakhethileyo; kodwa nga
kugcwaliseka umbhalo othi: Odla isinkwa sami ungiphakamisele isithende
sakhe.

19 Kusukela manje ngiyanitshela kungakenzeki ukuba, nxa sekwenzeka,
nikholwe ukuthi nginguye.

20 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Owamukela engimthumayo wamukela
mina; ongamukelayo mina wamukela ongithumileyo.

### UJesu ukhuluma ngokukhashelwa kwakhe

(Math. 26:20; Mark. 14:17; Luk. 22:7)

21 UJesu eseshilo lokho wakhathazeka emoyeni, wafakaza wathi: Ngiqinisile,
ngiqinisile ngithi kini: Omunye wenu uyakungikhaphela.

22Abafundi babhekana bengabaza ukuthi ukhuluma ngobani.

23Kwakuhlezi ekudleni omunye wabafundi bakhe uJesu amthandayo, encike
esifubeni sikaJesu.

24USimoni Petru wayesemqhweba ethi: Yisho ukuthi ubekhuluma ngobani
na?

25Yena encike esifubeni sikaJesu wathi kuye: Nkosi, ngubani na?

26Ngakho waphendula uJesu, wathi: Yilowo engiyakumcwilisela ucezu,
ngimnike lona. Eselucwilisile-ke ucezu, walunika uJuda Iskariyothe.

27Emva kocezu uSathane wayesengena kuye. Wayesethi kuye uJesu:
Okwenzayo kwenze masinyane.

28Kepha akabakho kwababehlezi ekudleni owayekwazi lokho ukuthi ukusho
ngani kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[29] Kepha abanye bacabanga ukuthi, ngokuba uJuda ephethe isikhwama, uJesu uthi kuye: Thenga esikuswele emkhosini, noma ukuthi kabele abampofu okuthile.

[30]Kuthe eseluthathile ucezu waphuma masinyane; kwakuse busuku.

### Ukukhazimuliswa kukaJesu; umyalo wokuthandana; uJesu uthi uzophikwa nguPetru

[31] Ngakho esephumile, uJesu wathi: Kalokhu iNdodana yomuntu ikhazimulisiwe, noNkulunkulu ukhazimulisiwe kuyo.

[32]Uma uNkulunkulu ekhazimulisiwe kuyo, noNkulunkulu uyakuyikhazimulisa kuye, uyakuyikhazimulisa masinyane.

[33] Bantwanyana, ngise khona nani isikhashana. Niyakungifuna, nanjengalokho ngasho kubaJuda ukuthi lapho ngiya khona ningeze nina, ngisho nakinina manje.

[34] Ngininika umyalo omusha wokuba nithandane; njengalokhu nginithandile, nani nithandane.

[35]Ngalokho bonke bayakukwazi ukuthi ningababafundi bami, uma nithandana.

[36] USimoni Petru wathi kuye: Nkosi, uya ngaphi na? UJesu waphendula wathi: Lapho ngiya khona, ungengilandele kalokhu; kepha uyakungilandela kamuva.

[37] Wathi kuye uPetru: Nkosi, ngingekulandele kalokhu ngani na? Ngizakudela ukuphila kwami ngenxa yakho.

[38]UJesu waphendula wathi: Uzakudela ukuphila kwakho ngenxa yami na? Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Iqhude alizukukhala, ungakangiphiki kathathu.

## NgokukaJohane 14

### Inkulumo yokuvalelisa kukaJesu

[1] Inhliziyo yenu mayingakhathazeki. Kholwani nguNkulunkulu, nikholwe nayimi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

2 Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; uma bekungenjalo,
bengiyakunitshela ukuthi ngiya ukunilungisela indawo.

3 Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuye ngize, nginibuyisele kimi
ukuba lapho ngikhona nibe khona nani.

4 Nalapho ngiya khona niyayazi indlela.

5 UTomase wathi kuye: Nkosi, asazi lapho uya khona; siyazi kanjani indlela
na?

6 UJesu wathi kuye: Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza
kuBaba ngaphandle kwami.

7 Uma beningazi mina, beniyakumazi noBaba; kusukela manje niyamazi,
nimbonile.

8 UFiliphu wathi kuye: Nkosi, sikhombise uYihlo, kusanele.

9 UJesu wathi kuye: Isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filiphu, na?
Ongibonile mina ubonile uBaba; usho kanjani ukuthi: Sikhombise uYihlo, na?

10 Awukholwa ukuthi ngikuBaba, noBaba ukimi, na? Amazwi
engiwakhulumayo mina kini angiwakhulumi ngokwami; kepha uBaba ohlezi
kimi wenza imisebenzi yakhe.

11 Kholwani yimi ukuthi ngikuBaba, noBaba ukimi; uma kungenjalo,
kholwani ngenxa yale misebenzi.

12 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Okholwa yimi, imisebenzi engiyenzayo
mina naye uyakuyenza, nemikhulu kunale uyakuyenza; ngokuba mina ngiya
kuBaba.

13 Noma yini eniyakukucela egameni lami ngiyakukwenza ukuba uBaba
akhazimuliswe eNdodaneni.

14 Uma nicela utho kimi egameni lami, ngolwenza.

15 Uma ningithanda, niyakugcina imiyalo yami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Ngiyakucela kuBaba aniphe omunye uMduduzi wokuba ahlale kini
phakade,

17uMoya weqiniso, izwe elingemamukele, ngokuba lingamboni, lingamazi;
nina niyamazi yena, ngokuba uhlala nani, uyakuba kini.

18Angiyikunishiya niyizintandane; ngiyeza kini.

19 Kuseyisikhashana izwe lingasangiboni, kepha niyangibona nina, ngokuba
ngiphila mina, nani nizakuphila.

20 Ngalolo suku niyakukwazi nina ukuba ngikuBaba, nani nikimi, nami
ngikini.

21Onemiyalo yami ayigcine, nguyena ongithandayo; ongithandayo
uyakuthandwa nguBaba, nami ngiyakumthanda, ngizibonakalise kuye.

22UJuda, ongesiye u-Iskariyothe, wathi kuye: Nkosi, kwenziwa yini ukuba
uyakuzibonakalisa kithina, ungazibonakalisi kulo izwe, na?

23 UJesu waphendula, wathi kuye: Uma umuntu engithanda, uyakugcina izwi
lami; uBaba uyakumthanda; siyakuza kuye, sihlale naye.

24 Ongangithandiyo kagcini amazwi ami, nezwi enilizwayo akusilo elami
kepha ngelikaBaba ongithumileyo.

25 Ngikhulume lokho kini ngisahlezi nani.

26 Kepha uMduduzi, uMoya oNgcwele, uBaba ayakumthumela egameni lami
uyakunifundisa konke, anikhumbuze konke enginitshele khona.

27 Ukuthula ngikushiya kinina, ukuthula kwami nginipha khona.
Akunjengokupha kwezwe ukunipha kwami. Inhliziyo yenu
mayingakhathazeki, ingesabi.

28 Nizwile ukuthi nganitshela ngathi: Ngiyamuka, kepha ngiyabuyela kini.
Uma beningithanda, beniyakujabula, ngokuba ngiya kuBaba, lokhu uBaba
mkhulu kunami.

29 Manje senginitshelile kungakenzeki, ukuze nikholwe, nxa sekwenzekile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

30 Angisayikukhuluma okuningi nani, ngokuba uyeza umbusi wezwe, kepha akanalutho kimi,

31 kodwa kungukuba izwe lazi ukuthi ngiyamthanda uBaba nokuthi ngenza njengokuba uBaba engiyalile. Sukumani simuke lapha.

## NgokukaJohane 15

### Umvini namagatsha

1 Mina ngingumvini owonawona, uBaba ungumlimi.

2 Yilelo nalelo gatsha elikimi, elingatheli izithelo, uyalisusa. Yilelo nalelo elithela izithelo uyalihlunga ukuba lithele kakhulu.

3 Nina senihlanzekile ngezwi engilikhulume kinina.

4 Hlalani kimi, nami kini. Njengalokhu igatsha lingethele izithelo ngokwalo, kuphela uma lihlala emvinini, kunjalo nani, kuphela uma nihlala kimi.

5 Mina ngingumvini, nina ningamagatsha; ohlala kimi, nami kuye, lowo uthela izithelo eziningi; ngokuba ngaphandle kwami ningenze lutho.

6 Uma umuntu engahlali kimi, ulahlwa ngaphandle njengegatsha, abune; bawabuthe, bawaphonse emlilweni, ashe.

7 Uma nihlala kimi, namazwi ami ehlala kini, niyakucela enikuthandayo, nikwenzelwe.

8 UBaba uyakhazimuliswa ngalokhu ukuba nithele izithelo eziningi, nibe ngabafundi bami.

9 Njengalokho uBaba engithandile, nami nginithandile; hlalani othandweni lwami.

10 Uma nigcina imiyalo yami, niyakuhlala othandweni lwami, njengalokho mina ngigcinile imiyalo kaBaba ngihlala othandweni lwakhe.

11 Nginitshelile lokho ukuba ukuthokoza kwami kube kini, nokuthokoza kwenu kugcwale.

### Umyalo wokuthandana

12 Yilo umyalo wami wokuba nithandane, njengalokho nginithandile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Akakho onothando olukhulu kunalolo lokuba adele ukuphila kwakhe ngenxa yabahlobo bakhe.

14 Ningabahlobo bami, uma nenza lokhu enginiyala ngakho.

15 Angisasho ukuthi niyizinceku, ngokuba inceku ayikwazi ukuthi inkosi yayo yenzani, kepha ngithe ningabahlobo nina, ngokuba konke engikuzwile kuBaba nginazisile khona.

16 Aningikhethanga nina, kodwa mina nginikhethile nina, nganibeka ukuba niphume, nithele izithelo, nezithelo zenu zihlale ukuba noma yini eniyakukucela kuBaba egameni lami aninike khona.

17 Nginiyala ngalezo zinto, ukuze nithandane.

**Inzondo yezwe**

18 Uma izwe linizonda, niyazi ukuthi langizonda mina ngaphambi kwenu.

19 Uma beningabezwe, izwe belizakuthanda okwalo, kepha lokhu ningesibo abezwe kodwa nganikhetha mina ezweni, kungalokho izwe linizonda.

20 Khumbulani izwi enganitshela lona mina lokuthi: Inceku ayinkulu kunenkosi yayo. Uma bengizingele mina, nani bayakunizingela; uma begcina izwi lami, nelenu bayakuligcina.

21 Kepha konke lokho bayakukwenza kini ngenxa yegama lami, ngokuba bengamazi ongithumileyo.

22 Uma bengingafikile, ngakhuluma kubo, ngabe abanasono; kepha kalokhu kabanazaba ngesono sabo.

23 Ozonda mina uzonda noBaba.

24 Uma bengingenzanga phakathi kwabo imisebenzi engenziwanga ngomunye, ngabe abanasono, kepha kalokhu babonile, bangizonda nami noBaba.

25 Kodwa kunjalo ukuba kugcwaliseke izwi elilotshiweyo emthethweni wakubo lokuthi: Bangizonda ngeze.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26 Nxa esefikile uMduduzi engiyakumthumela kini evela kuBaba, uMoya weqiniso, ophuma kuBaba, nguyena oyakufakaza ngami.

27Nani niyafakaza, ngokuba beninami kwasekuqaleni.

## NgokukaJohane 16

### Isigcino senkulumo kaJesu. Ukuhlupheka okuzayo

1 Lokho ngikukhulume kini ukuba ningakhubeki.

2 Bayakunikhipha emasinagogeni, yebo, siyeza isikhathi sokuba lowo onibulalayo uyakuthi ukhonza uNkulunkulu.

3 Lokhu-ke bayakukwenza ngokuba bengamazanga uBaba nami;

4 kepha lokho ngikukhulume kini, ukuze kuthi, nxa kufika leso sikhathi, nikhumbule ukuthi nganitshela khona; anginitshelanga lokho kwasekuqaleni, ngokuba benginani.

### Umsebenzi kaMoya oNgcwele

5 Manje ngiyamuka, ngiya kongithumileyo; akakho kinina ongibuza ukuthi: Uya ngaphi na?

6Kepha ngokuba ngikhulume lokho kini, inhliziyo yenu igcwele usizi.

7 Kodwa mina nginitshela iqiniso lokuthi kunilungele ukuba ngimuke; ngokuba uma ngingamuki, uMduduzi kayikuza kini; kepha uma ngimuka, ngiyakumthumela kini.

8Lapho esefikile yena, uyakuqondisa izwe ngesono, nangokulunga, nangokwahlulela:

9ngesono, ngokuba bengakholwa yimi;

10ngokulunga, ngokuba ngiya kuBaba, ningabe nisangibona;

11ngokwahlulela, ngokuba umbusi waleli zwe wahlulelwe.

12 Ngise nokuningi okokunitshela, kodwa ningekuthwale manje.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Kepha nxa esefikile yena, uMoya weqiniso, uzakuniholela kulo lonke
iqiniso; ngokuba akayikukhuluma ngokwakhe, kodwa lokho akuzwayo
uyakukukhuluma, anibikele okuzayo.

14Uyakungikhazimulisa, ngokuba uyakuthatha kokwami anibikele khona.

15 Konke uBaba anakho kungokwami; ngalokho-ke ngithe uyakuthatha
kokwami, anibikele.

**Ukumuka nokubuya kukaJesu**

16 Kusezakuba yisikhashana ningabe nisangibona, kubuye kube yisikhashana
ningibone, ngokuba ngiya kuBaba.

17 Ngakho abanye kubo abafundi bakhe base bekhuluma bodwa, bethi: Kuyini
lokho akushoyo kithi ukuthi: Kusezakuba yisikhashana ningabe nisangibona,
kubuye kube yisikhashana ningibone, nokuthi: Ngokuba ngiya kuBaba, na?

18Bathi: Kuyini lokho akushoyo ukuthi: Yisikhashana, na? Asazi ukuba uthini.

19UJesu wazi ukuthi bebethanda ukumbuza, wathi kubo: Niyabuzana
ngalokho engikushiloyo ukuthi: Kusezakuba yisikhashana ningabe
nisangibona kubuye kube yisikhashana ningibone, na?

20 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Niyakukhala nilile nina, kepha izwe
liyakujabula; niyakuba lusizi nina, kepha usizi lwenu luyakuphendulwa lube
ngukuthokoza.

21Owesifazane, nxa esabeletha, ulusizi, ngokuba sifikile isikhathi sakhe;
kepha nxa esembelethile umntwana, akabe esakhumbula ubuhlungu ngenxa
yentokozo yokuba kuzelwe umuntu ezweni.

22 Nani-ke nilusizi manje, kepha ngiyakubuye nginibone, inhliziyo yenu
ithokoze; intokozo yenu akakho onganamuka yona.

23 Ngalolo suku aniyikubuza lutho kimi. Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini:
Lokhu eniyakukucela kuBaba egameni lami uyakuninika khona.

24 Kuze kube kalokhu anicelanga lutho egameni lami. Celani,
niyakwamukeliswa ukuba intokozo yenu igcwale.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25 Ngikhulume lokho kini ngemifanekiso; isikhathi siyeza, lapho ngingasayikukhuluma ngemifanekiso; kodwa ngiyakunitshela ngoBaba ngokusobala.

26 Ngalelo langa niyakucela egameni lami; angisho kini ukuthi ngiyakunicelela mina kuBaba;

27 ngokuba uBaba uqobo uyanithanda, ngokuba ningithandile nina, nakholwa ukuthi mina ngavela kuNkulunkulu.

28 Ngavela kuBaba, ngeza ezweni; ngiyalishiya futhi izwe, ngibuyela kuBaba.

29 Abafundi bakhe bathi kuye: Bheka, manje usukhuluma ngokusobala, awusakhulumi mfanekiso.

30 Kalokhu siyazi ukuthi wazi konke, awudingi ukuba umuntu akubuze; ngalokho siyakholwa ukuba wavela kuNkulunkulu.

31 UJesu waphendula wathi: Seniyakholwa manje na?

32 Bhekani, isikhathi siyeza, yebo, sesifikile sokuba nihlakazeke, yilowo nalowo aye kokwakhe, ningishiye ngingedwa; nokho angingedwa, lokhu uBaba unami.

33 Lokho ngikukhulume kini ukuba nibe nokuthula kimi. Ezweni niyakuba lusizi, kepha yimani isibindi, mina ngilinqobile izwe.

## NgokukaJohane 17

### Umkhuleko kaJesu ezikhulekela yena, nabafundi bakhe, nabo bonke abakholwayo

1 UJesu wakhuluma lokho; wayesephakamisela amehlo akhe ezulwini, wathi: Baba, isikhathi sifikile; khazimulisa iNdodana yakho, ukuze iNdodana ikukhazimulise wena,

2 njengalokho uyiphile amandla phezu kwenyama yonke ukuba bonke oyiphe bona ibaphe ukuphila okuphakade.

3 Ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, nomthumileyo, uJesu Kristu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Ngikukhazimulisile emhlabeni, ngifeze umsebenzi ongiphe wona ukuba
ngiwenze.

5 Manje-ke ngikhazimulise wena Baba, kuwe uqobo, ngenkazimulo
ebenginayo ngikuwe, izwe lingakabikho.

6 Ngibonakalisile igama lakho kubantu ongiphe bona kwabasezweni;
babengabakho, wangipha bona; baligcinile izwi lakho.

7Sebazi ukuthi konke ongiphe khona kuvela kuwe.

8 Ngokuba amazwi ongiphe wona ngibaphile wona, bawamukela, bazi isibili
ukuthi ngavela kuwe, bakholwa ukuthi wangithuma wena.

9Ngiyabakhulekela bona; angikhulekeli izwe kepha labo ongiphe bona,
ngokuba bengabakho.

10 Konke okwami kungokwakho, nokwakho kungokwami; ngikhazimulisiwe
kubona.

11Angisekho ezweni mina, basezweni bona, mina ngiza kuwe. Baba ongcwele,
bagcine egameni lakho labo ongiphe bona, ukuze babe munye njengathi.

12 Lapho ngise nabo ezweni, ngabagcina egameni lakho labo ongiphe bona,
ngabalonda; akakho kubo owalahleka, kuphela indodana yokulahlwa, ukuba
kugcwaliseke umbhalo.

13 Sengiza kuwe kalokhu; ngikhuluma lokhu ezweni ukuba babe nokuthokoza
kwami, kugcwale kubo.

14 Mina ngibanikile izwi lakho; izwe labazonda, ngokuba bengesibo abezwe,
njengalokhu nami angisiye owezwe.

15 Angiceli ukuba ubasuse ezweni; kepha ngicela ukuba ubalonde kokubi.

16Abasibo abezwe, njengalokhu nami angisiye owezwe.

17Bangcwelise ngeqiniso, izwi lakho liyiqiniso.

18 Njengalokho wangithumela ezweni, nami ngibathumela ezweni.

19 Ngiyazingcwelisa ngenxa yabo ukuba bangcweliswe nabo ngeqiniso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Angiceleli laba bodwa kepha nalabo abakholwa yimi ngezwi labo

21 ukuba bonke babe munye, njengalokhu wena Baba ukimi, nami ngikuwe, ukuba nabo babe kithina, ukuze izwe likholwe ukuthi wena ungithumile.

22 Nenkazimulo ongiphe yona ngiyiphile bona, ukuze babe munye, njengalokhu thina simunye,

23 mina kubona, nawe kimina, ukuba baphelelisiwe ebunyeni, ukuze izwe lazi ukuba wena ungithumile, wabathanda, njengalokho ungithandile.

24 Baba, ngithanda ukuba labo ongiphe bona nabo babe khona nami lapha ngikhona, ukuze babone inkazimulo yami ongiphe yona; ngokuba wangithanda, kungakasekelwa izwe.

25 Baba olungileyo, izwe kalikwazanga, kepha mina ngikwazile, nalaba bazile ukuthi ungithumile.

26 Ngibazisile igama lakho, ngizakubazisa lona ukuba uthando ongithande ngalo lube kubo, nami ngibe kubo.

## NgokukaJohane 18

### Ukuboshwa kukaJesu

(Math. 26:36, 47; Mark. 14:43-50; Luk. 22:39, 47)

1 UJesu esekhulume lawo mazwi waphuma kanye nabafundi bakhe, waya phesheya komfudlana iKedroni, lapho kwakukhona insimu angena kuyo yena nabafundi bakhe.

2 NoJuda owamkhaphelayo wayeyazi leyo ndawo, ngokuba uJesu wayevama ukuhlangana khona nabafundi bakhe.

3 Khona uJuda, esethole isigaba samabutho nezikhonzi kubapristi abakhulu nabaFarisi, waya lapho, benezihlanti nezibani nezikhali.

4 Khona uJesu ekwazi konke okuyakumehlela waphuma, wathi kubo: Nifuna ubani na?

5 Bamphendula bathi: UJesu waseNazaretha. UJesu wathi kubo: Yimina. UJuda omkhaphelayo wayemi nabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Kuthe-ke ukuba athi kubo: Yimina, bahlehla nyovane, bawa phansi.

7Waphinda wababuza wathi: Nifuna ubani na? Bathi: UJesu waseNazaretha.

8UJesu waphendula wathi: Nginitshelile ukuthi yimina; uma-ke nifuna mina, bayekeni laba, bahambe,

9 ukuba ligcwaliseke izwi alishiloyo lokuthi: Kulabo ongiphe bona angilahlekelwanga namunye.

10 USimoni Petru enenkemba wayihosha, wayigenca inceku yompristi omkhulu, wayinquma indlebe yokunene. Igama lenceku lalinguMalkusi.

11Khona uJesu wathi kuPetru: Faka inkemba emgodleni wayo; angiyikusiphuza kanti isitsha anginike sona uBaba na?

### Ukuthethwa kwecala likaJesu

(Math. 26:57; Mark. 14:53; Luk. 22:54)

12 Njalo-ke isigaba nenduna yenkulungwane nezikhonzi zabaJuda bambamba uJesu, bambopha;

13baqala bamyisa ku-Anase, ngokuba engumukhwe kaKayafase obengumpristi omkhulu walowo mnyaka.

14UKayafase kambe nguye owaluleka abaJuda ngokuthi kubalungele ukuba kufe umumtu abe munye ngenxa yesizwe.

15USimoni Petru walandela uJesu nomunye umfundi. Lowo mfundi wayaziwa ngumpristi omkhulu, wangena noJesu egcekeni lompristi omkhulu;

16kepha uPetru wayemi ngaphandle emnyango. Waphuma-ke lowo mfundi omunye owaziwa ngumpristi omkhulu, wakhuluma nomlindikazi womnyango, wamngenisa uPetru.

### Ukuphika kukaPetru

(Math. 26:69; Mark. 14:66; Luk. 22:54)

17 Intombazana elinda emnyango yayisithi kuPetru: Imbala nawe awusiye owababfundi balowo muntu na? Wathi yena: Angisiye.

18Kwakumi khona izinceku nezikhonzi zibasile umlilo wamalahle, ngokuba kwakumakhaza, zotha; noPetru wayenazo otha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19Kepha umpristi omkhulu wabuza uJesu ngabafundi bakhe nangemfundiso yakhe.

20 UJesu wamphendula wathi: Ngikhulumile obala ezweni. Ngezikhathi zonke bengifundisa esinagogeni nasethempelini, lapho abaJuda bonke bebuthana khona, angikhulumanga lutho ngasese.

21Ubuzelani kimi na? Buza kulabo abezwile lokho engakukhuluma kubo; bheka, bona bayakwazi engakushoyo.

22Esasho lokho, esinye isikhonzi esasimi khona sammukula uJesu, sathi: Uphendula umpristi omkhulu kanjalo na?

23UJesu wasiphendula wathi: Uma ngikhulume kabi, fakaza ngalobo bubi; kodwa uma kukuhle, ungishayelani na?

24U-Anase wamthumela eboshiwe kuKayafase umpristi omkhulu.

### UJesu uphikwa nguPetru ngokwesibili nangokwesithathu

25 Kepha uSimoni Petru wayemi otha. Bathi-ke kuye: Imbala nawe awusiye owabafundi bakhe na? Waphika yena, wathi: Angisiye.

26Enye yezinceku zompristi omkhulu, eyisihlobo salowo ondlebe yaso uPetru abeyinqumile, yathi: Angikubonanga yini mina ensimini unaye na?

27Wabuye waphika uPetru; masinyane lakhala iqhude.

### UJesu ephambi kukaPilatu

(Math. 27:11; Mark. 15:1; Luk. 23:1)

28 Base bekhipha uJesu kuKayafase, bemyisa endlini yokwahlulela; kwakusekuseni. Kepha bona kabangenanga enqabeni ukuba bangangcoli kodwa babe nokudla iphasika.

29Khona uPilatu waphumela kubo, wathi: Nimthwesa cala lini lo muntu na?

30Baphendula, bathi kuye: Uma lona ebengesiye owenza okubi, nga singamlethanga kuwe.

31 Khona uPilatu wathi kubo: Mthatheni nina, nimahlulele ngomthetho wakini. Bathi kuye abaJuda: Asivunyelwe ukubulala umuntu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

32 ukuba kugcwaliseke izwi likaJesu alishilo lapha ebonisa ukuthi uyakufa ngokufa okunjani.

33 UPilatu wabuye wangena enqabeni, wabiza uJesu, wathi kuye: Wena uyinkosi yabaJuda na?

34 UJesu waphendula wathi: Uzisholo lokhu wena, noma kusho abanye kuwe ngami na?

35 UPilatu waphendula wathi: Kanti ngingumJuda yini mina na? Isizwe sakini nabapristi abakhulu bakunikezele kimi; wenzeni na?

36 UJesu waphendula wathi: Umbuso wami awusiwo owaleli zwe. Uma umbuso wami ubungowaleli zwe, izikhonzi zami zaziyakulwa ukuba nginganikezelwa kubaJuda. Kepha kalokhu umbuso wami awusiwo owalapha.

37 Wayesethi uPilatu kuye: Kanti nokho uyinkosi na? UJesu waphendula wathi: Usho khona. Ngiyinkosi; ngizalelwe lokho, ngafikela lokho ezweni ukuba ngifakazele iqiniso. Bonke abeqiniso bayalizwa izwi lami.

38 Wathi uPilatu kuye: Iqiniso liyini na? Eseshilo lokho wabuye waphumela kubaJuda, wathi kubo: Angifumani cala kuye.

39 Kepha ninesiko lokuba nginikhululele omunye ngePhasika; ngakho niyathanda ukuba nginikhululele inkosi yabaJuda na?

40 Khona babuye bamemeza bonke, bathi: Qha lona, kodwa uBaraba. Kepha uBaraba wayengumphangi.

## NgokukaJohane 19

### UJesu ulahlwa yicala

1 UPilatu wayesemthatha uJesu, wamshaya.

2 Amabutho aluka umqhele wameva awufaka ekhanda lakhe, amembathisa ingubo ebubende;

3 aya kuye, athi: Bayede, nkosi yabaJuda! Ammukula.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 UPilatu wabuye waphuma, wathi kubo: Bhekani, ngimkhiphela kini, ukuze
nazi ukuba angifumani cala kuye.

5Wayesephuma uJesu ethwele umqhele wameva nengubo ebubende. Wathi
kubo uPilatu: Bhekani lo muntu!

6Bathi bembona abapristi abakhulu nezikhonzi, bamemeza bathi: Mbethele,
mbethele esiphambanweni! UPilatu wathi kubo: Mthatheni nina, nimbethele
esiphambanweni, ngokuba angifumani cala kuye.

7 Kepha abaJuda bamphendula bathi: Sinomthetho thina; ngalo mthetho
ufanele ukufa, ngokuba ezenzile iNdodana kaNkulunkulu.

8Kuthe uPilatu ezwa lelo zwi, kwayikhona esaba kakhulu,

9wabuye wangena enqabeni, wathi kuJesu: Ungowaphi wena na? Kepha
uJesu kamphendulanga.

10Khona wathi uPilatu kuye: Awukhulumi kimi na? Awazi ukuthi
nginamandla okukukhulula, nginamandla futhi okukubethela
esiphambanweni na?

11UJesu waphendula wathi: Ngabe awunamandla neze phezu kwami, ukuba
awuwanikwanga ngaphezulu. Ngalokho-ke onginikele kuwe unesono
esikhulu.

12 Ngalokho uPilatu wayefuna ukumkhulula. Kepha abaJuda bamemeza
bathi: Uma ukhulula lona, awusiye umhlobo kaKesari; osuka ezenza inkosi,
umelene noKesari.

13Kuthe uPilatu esezwa lawo mazwi wamkhiphela ngaphandle uJesu; wahlala
esihlalweni sokwahlulela endaweni ethiwa eGandaywe ngamatshe kodwa
ngesiHeberu iGabatha.

14Kwakungolokulungisela iPhasika kungathi ihora lesithupha. Wathi
kubaJuda: Bhekani inkosi yenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Ngakho bamemeza bathi: Susa, susa, mbethele esiphambanweni! Wathi kubo uPilatu: Ngibethele inkosi yenu na? Abapristi abakhulu baphendula bathi: Asinankosi, uKesari kuphela.

16 Wayesemnikela kubo ukuba abethelwe esiphambanweni.

### Ukubethelwa nokufa nokumbelwa kukaJesu

(Math. 27: 33; Mark. 15: 22; Luk. 23: 26)

Bamthatha-ke uJesu, bahamba naye.

17 Waphuma ezithwalele isiphambano, waya endaweni ethiwa iNdawo Yekhanda, ethiwa ngesiHeberu iGolgotha.

18Bambethela khona nabanye ababili kanye naye ngalapha nangalapha, uJesu ephakathi.

19Kepha uPilatu waloba isaziso, wasibeka esiphambanweni. Kwakulotshiwe ukuthi: UJESU WASENAZARETHA, INKOSI YABAJUDA.

20Khona abaningi babaJuda bafunda leso saziso; ngokuba indawo leyo, lapho uJesu wabethelwa khona esiphambanweni, yayiseduze nomuzi. Kwakulotshiwe ngesiHeberu, nangesiRoma, nangesiGreki.

21Base bethi abapristi abakhulu babaJuda kuPilatu: Ungalobi ukuthi: Inkosi yabaJuda, kepha ukuba yena wathi: NgiyiNkosi yabaJuda.

22UPilatu waphendula wathi: Engikulobile ngikulobile.

23 Kuthe amabutho esembethele uJesu esiphambanweni, athatha izingubo zakhe, azenza izabelo ezine, kwaba yilelo nalelo butho laba nesabelo, neyembe futhi. Kepha iyembe lalingenamthungo, lalukiwe lonke kusukela phezulu.

24 Ngakho-ke akhuluma odwa, athi: Asingalidabuli, kodwa asilenzele inkatho yokuthi liyakuba ngelikabani, ukuze kugcwaliseke umbhalo othi: Babelana izingubo zami, benzelana inkatho ngesambatho sami. Lokho-ke akwenza amabutho.

25 Kepha kwakumi ngasesiphambanweni sikaJesu unina kanye nodadewabo kanina, uMariya umkaKleyophase, noMariya Magdalena.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26Kuthe uJesu ebona unina nomfundi amthandayo bemi ngakhona, wathi
kunina: Mame, bheka indodana yakho.

27Wayesethi kumfundi: Bheka unyoko. Kusukela kuleso sikhathi umfundi
lowo wamyisa kwakhe.

28 Emva kwalokho uJesu, ekwazi ukuthi konke sekuphelelisiwe ukuba
umbhalo ugcwaliseke, wathi: Ngomile.

29 Kwakubekiwe khona isitsha sigcwele uviniga; khona bachoma ilula
ligcwele uviniga othini lwehisopi, baliyisa emlonyeni wakhe.

30Kwathi ukuba uJesu ewamukele uviniga, wathi: Kufeziwe; wagebisa
ikhanda, wafa.

31 Khona abaJuda, ngokuba kwakungolokulungisela, ukuze izidumbu
zingahlali esiphambanweni ngesabatha, ngokuba lolo suku lwesabatha
lwalulukhulu, banxusa uPilatu ukuba yaphulwe imilenze yabo, basuswe.

32Ayeseza-ke amabutho, ayaphula imilenze yowokuqala neyomunye
owayebethelwe naye.

33Esefika kuJesu, ebona ukuthi usefile, kawayaphulanga imilenze yakhe;

34kodwa elinye lamabutho lamgwaza ohlangothini ngomkhonto, kwaphuma
masinyane igazi namanzi.

35Obonileyo ufakazile, ubufakazi bakhe buqinisile; yena-ke uyazi ukuthi
ukhuluma iqiniso, ukuze nikholwe nani.

36 Ngokuba lokho kwenzeka ukuba kugcwaliseke umbhalo othi:
Akuyikwaphulwa thambo lakhe.

37Futhi omunye umbhalo uthi: Bayakumbheka abamgwazileyo.

38 Emva kwalokho uJosefa wase-Arimatheya, engumfundi kaJesu kepha
ekufihla ngokwesaba abaJuda, wacela kuPilatu ukuba asuse isidumbu
sikaJesu; uPilatu wavuma-ke. Wayesefika, wasisusa isidumbu sikaJesu.

39 Kweza noNikodemu owafika kuye kuqala ebusuku, waletha ixube lenhlaka
nomhlaba kungathi amalitra ayikhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

40Ngakho base besithatha isidumbu sikaJesu, basisonga ngezindwangu zelineni kanye namakha njengesiko labaJuda lokumbela.

41Khona ngakuleyo ndawo, lapho wayebethelwe khona esiphambanweni, kwakukhona insimu, nasensimini kukhona ithuna elisha okwakungazange kubekwe muntu kulo.

42Bambeka lapho-ke uJesu ngenxa yolokulungisela lwabaJuda, ngokuba ithuna laliseduze.

## NgokukaJohane 20

### Ukuvuka kukaJesu

(Math. 28:1; Mark. 16:1; Luk. 24:1)

1 Kwathi ngosuku lokuqala lweviki uMariya Magdalena wafika ethuneni ekuseni kusemnyama, wabona itshe lisusiwe ethuneni.

2Khona wayesegijima waya kuSimoni Petru nakulowo mfundi omunye uJesu amthandayo, wathi kubo: Bayisusile iNkosi ethuneni, asazi lapha beyibeke khona.

3Ngakho wayesephuma uPetru nomunye umfundi, beza ethuneni.

4Bagijima bobabili kanyekanye; kepha umfundi omunye wagijima kakhulu kunoPetru, wafika kuqala ethuneni;

5elunguza wabona izindwangu zelineni zikhona, kepha akangenanga.

6Khona wafika noSimoni Petru emlandela, wangena ethuneni, wabona izindwangu zelineni zikhona,

7neduku ebelisekhanda lakhe libekiwe lingekho ezindwangwini zelineni, kepha lisongwe lilodwa kwenye indawo.

8Khona wayesengena nomfundi omunye ofike kuqala ethuneni, wabona, wakholwa;

9ngokuba bebengakawuqondi umbhalo wokuthi ubefanele ukuvuka kwabafileyo.

10Base bemuka abafundi, baphindela kubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Ukuzibonakalisa kukaJesu

11Kepha uMariya wema ethuneni ngaphandle ekhala; esakhala walunguza ethuneni;

12wabona izingelosi ezimbili zembethe okumhlophe, zihlezi, enye ngasekhanda nenye ngasezinyaweni, lapho isidumbu sikaJesu besilele khona.

13Zona-ke zathi kuye: Mame, ukhalelani na? Wathi kuzo: Bayithathile iNkosi yami, futhi angazi ukuthi bayibekephi.

14 Eseshilo lokho waphenduka, wabona uJesu emi, kepha wayengazi ukuthi nguJesu.

15UJesu wathi kuye: Mame, ukhalelani na? Ufuna bani na? Kepha yena ethi ngumphathi wensimu wathi kuye: Nkosi, uma umsusile, ngitshele ukuthi umbekephi, ngiye ngiyakumthatha mina.

16UJesu wathi kuye: Mariya! Waphenduka, wathi kuye ngesiHeberu: Rabuni, okungukuthi: Mfundisi.

17 UJesu wathi kuye: Ungangithinti, ngokuba angikenyukeli kuBaba. Kepha yana kubazalwane bami, ubatshele ukuthi ngenyukela kuBaba noYihlo, kuNkulunkulu wami noNkulunkulu wenu.

18UMariya Magdalena weza wabikela abafundi ukuthi: Ngiyibonile iNkosi, nokuthi: Ishilo lokho kimi.

19 Kwathi-ke kusihlwa ngalolo suku, olokuqala lweviki, iminyango ivaliwe lapho abafundi bekhona ngokwesaba abaJuda, uJesu wafika wema phakathi kwabo, wathi kubo: Ukuthula makube kinina.

20Eseshilo lokho wabakhombisa izandla nohlangothi lwakhe. Base bethokoza abafundi beyibona iNkosi.

21 Khona uJesu wabuye wathi kubo: Ukuthula makube kinina. Njengokuba uBaba engithume mina, nami ngiyanithuma nina.

22Kwathi ukuba asho njalo, wabaphephetha, wathi kubo: Yamukelani uMoya oNgcwele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Enibathethelela izono zabo bathethelelwe; nenibababamba ngazo babanjiwe.

24 Kepha uTomase, omunye kwabayishumi nambili, othiwa uDidimu, wayengekho kubo mhla efika uJesu.

25 Ngakho-ke abanye abafundi bathi kuye: Siyibonile iNkosi. Kepha wathi kubo: Uma ngingaboni ezandleni zayo inxeba lezipikili, ngifake umunwe wami enxebeni lezipikili, ngifake isandla sami ohlangothini lwayo, angisoze ngakholwa.

26 Emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili abafundi bakhe babesendlini futhi, uTomase enabo. UJesu wafika iminyango ivaliwe, wema phakathi kwabo, wathi: Ukuthula makube kinina.

27 Wayesethi kuTomase: Zisa lapha umunwe wakho, ubone izandla zami; zisa isandla sakho, usifake ohlangothini lwami; ungabi ngongakholwayo kodwa okholwayo.

28 UTomase waphendula, wathi kuye: Nkosi yami, Nkulunkulu wami!

29 UJesu wathi kuye: Ngokuba ungibonile, ukholiwe na? Babusisiwe abakholwa bengabonanga.

30 Izibonakaliso ezinye eziningi uJesu wazenza phambi kwabafundi bakhe, ezingalotshiwe kule ncwadi.

31 Kodwa lezi zilotshiwe ukuba nikholwe ukuthi uJesu unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, nokuba nikholwe, nibe nokuphila egameni lakhe.

## NgokukaJohane 21

### UJesu uzibonakalisa kubafundi ngaselwandle lwaseTiberiya

1 Emva kwalokho uJesu wabuye wazibonakalisa kubafundi ngaselwandle lwaseTiberiya; wazibonakalisa kanje:

2 kwakukhona ndawonye oSimoni Petru, noTomase othiwa uDidimu, noNathanayeli waseKhana laseGalile, nabakaZebedewu, nabanye ababili kubafundi bakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3USimoni Petru wathi kubo: Ngiya kodoba. Bathi kuye: Nathi sihamba nawe. Base bephuma, bangena emkhunjini; kepha ngalobo busuku ababambanga lutho.

4 Kuthe sekusa, uJesu wayemi ogwini. Kepha abafundi babengazi ukuthi nguJesu.

5UJesu wathi-ke kubo: Bantwana, aninakho ukudla na? Bamphendula bathi: Qha.

6 Wayesethi kubo: Phonsani inetha ngakwesokunene somkhumbi, nizakuthola. Base bephonsa, ababe besaba namandla ukulidonsa ngenxa yobuningi bezinhlanzi.

7 Khona lowo mfundi uJesu amthandayo wathi kuPetru: YiNkosi. USimoni Petru, ekuzwa ukuthi yiNkosi, wagqoka, ngokuba wayehamba ze, waziphonsa elwandle.

8Kepha abanye abafundi beza ngesikebhe, ngokuba bebengekude nenhlabathi kepha kungathi izingalo ezingamakhulu amabili, bedonsa inetha linezinhlanzi.

9Kuthe sebephumele emhlabathini, babona umlilo wamalahle, nezinhlanzi zibekwe kuwo, nesinkwa.

10UJesu wathi kubo: Lethani izinhlanzi kwenizibambe manje.

11Wasuka uSimoni Petru, walihudulela emhlabathini inetha. Ligcwele izinhlanzi ezinkulu, ziyikhulu namashumi ayisihlanu nantathu; noma zingako, inetha alidabukanga.

12UJesu wathi kubo: Wozani nidle. Kepha akwabakho kubafundi owaba nesibindi sokumbuza ngokuthi: Ungubani wena na? Bazi ukuthi yiyo iNkosi.

13UJesu weza, wathabatha isinkwa, wabapha, nezinhlanzi futhi.

14 Lokho sekungokwesithathu uJesu ebonakaliswa kubafundi, esevukile kwabafileyo.

### Ukuvivinywa kukaPetru

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Khona sebedlile uJesu wathi kuSimoni Petru: Simoni kaJona, uyangithanda
kunalaba na? Wathi kuye: Yebo, Nkosi, uyazi wena ukuthi ngiyakuthanda.
Wathi kuye: Yipha amawundlu ami.

16 Wabuye wathi kuye ngokwesibili: Simoni kaJona, uyangithanda na? Wathi
kuye: Yebo, Nkosi, uyazi wena ukuthi ngiyakuthanda. Wathi kuye: Yalusa
izimvu zami.

17 Wathi kuye ngokwesithathu: Simoni kaJona, uyangithanda na? UPetru
wadabuka ngokuba wathi kuye ngokwesithathu: Uyangithanda na? Wathi
kuye: Nkosi, wazi konke wena, uyazi ukuthi ngiyakuthanda. UJesu wathi
kuye: Yipha izimvu zami.

18 Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Usemusha wawugqoka, uhambe lapho
uthanda khona; kepha nxa usumdala, uyakwelula izandla zakho, omunye
akugqokise, akuyise lapho ungathandi khona.

19 Kepha wakusho lokho ekhomba ukufa azakumdumisa uNkulunkulu
ngakho. Eseshilo lokho wathi: Ngilandele.

20 UPetru ephenduka wabona umfundi uJesu amthandayo elandela, oyena
futhi wayencike esifubeni sakhe ekudleni, nowathi: Nkosi, ngubani
ozakukukhaphela na?

21 Kuthe uPetru embona lowo, wathi kuJesu: Nkosi, kepha lona, pho?

22 UJesu wathi kuye: Uma ngithanda ukuba ahlale ngize ngifike, kuyini kuwe
na? Wena landela mina.

23 Ngakho-ke leli zwi laphumela kubazalwane lokuthi lowo mfundi akayikufa.
Kanti uJesu akashongo ukuthi akayikufa kodwa ukuthi: Uma ngithanda
ukuba ahlale ngize ngifike, kuyini kuwe na?

**Isigcino**

24 Nguye lo mfundi ofakaza ngalezi zinto nokulobile lokhu; siyazi ukuthi
ubufakazi bakhe buqinisile.

25 Kukhona nezinye izinto eziningi azenza uJesu; uma zilotshiwe zona
ngazinye, ngithi nezwe lonke lingezanele izincwadi ezingalotshwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# IzEnzo

## IzEnzo 1

### Isingeniso. Ukwenyuka kukaJesu

1 Incwadi yokuqala ngayiloba, Theyofilu, ngakho konke uJesu aqala ukukwenza nokukufundisa,

2 kwaze kwaba lusuku akhushulwa ngalo, esebayalile ngoMoya oNgcwele abaphostoli ayebakhethile;

3 waziveza kubo ephilile emva kokuhlupheka kwakhe ngobufakazi obuningi, wabonwa yibo izinsuku ezingamashumi amane ekhuluma ngezombuso kaNkulunkulu;

4 kwathi ehlangene nabo, wabayala ngokuthi: Ningamuki eJerusalema, kodwa nihlalele isithembiso sikaYise enasizwa ngami.

5 Ngokuba uJohane wayebhapathiza ngamanzi, kepha nina nizakubhapathizwa ngoMoya oNgcwele kungakadluli izinsuku eziningi.

6Khona labo ababebuthene bambuza bathi: Nkosi, usawubuyisela umbuso ku-Israyeli ngalesi sikhathi na?

7 Wathi kubo: Akusikho okwenu ukwazi izikhathi noma imizuzu uBaba akumisele ngamandla akhe;

8 kodwa nizakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, nibe ngofakazi bami eJerusalema, naseJudiya lonke, naseSamariya kuze kube sekugcineni komhlaba.

9 Kwathi eseshilo lokho, wakhushulwa bebuka; ifu lamsusa emehlweni abo.

10 Bathi besagqolozela ezulwini emuka, bheka, amadoda amabili ayemi kubo, embethe izingubo ezimhlophe,

11 athi: Madoda aseGalile, nimeleni nibheka ezulwini na? UJesu lo, osuswe kini enyuselwa ezulwini, uyakuza kanjalo, njengalokho nimbonile eya ezulwini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Khona babuyela eJerusalema bevela entabeni ethiwa eyemiNqumo eseduze neJerusalema, ibanga lohambo lwesabatha.

13 Kwathi sebengenile, benyukela ekamelweni eliphezulu, lapho bebehlala khona: oPetru, noJohane, noJakobe, no-Andreya, noFiliphu, noTomase, noBartolomewu, noMathewu, noJakobe ka-Alfewu, noSimoni umZelothe, noJuda kaJakobe.

14 Bonke laba baqinisela nganhliziyonye ekukhulekeni kanye nabesifazane, noMariya unina kaJesu, nabafowabo.

### Ukukhethwa kukaMathiya abe ngomunye wabaphostoli esikhundleni sikaJuda

15Ngaleyo mihla uPetru wasukuma phakathi kwabazalwane, isixuku sabantu esasikhona ndawonye kwakungathi ikhulu namashumi amabili, wathi:

16 Madoda, bazalwane, kwakumelwe ukuba kugcwaliseke umbhalo uMoya oNgcwele awukhulumayo ngaphambili ngomlomo kaDavide ngoJuda owayengumholi kulabo ababamba uJesu,

17ngokuba wayebalwe kanye nathi, wathola isabelo kule nkonzo.

18 Lowo-ke wazuza insimu ngomvuzo wokungalungi, wawa ngekhanda, waqhuma phakathi, nezibilini zakhe zonke zachitheka;

19kwaziwa yibo bonke abakhileyo eJerusalema, yaze yaqanjwa leyo nsimu ngolimi lwakubo ngokuthi i-Akeldama, okungukuthi iNsimu Yegazi.

20 Ngokuba kulotshiwe eNcwadini yamaHubo ukuthi: Umuzi wakhe mawube yihlane, kungabikho ohlala kuwo, nokuthi: Isikhundla sakhe asithathwe ngomunye.

21 Ngakho kulawo madoda ayehamba nathi isikhathi sonke, lapho iNkosi uJesu ingena, iphuma phakathi kwethu,

22kuqalela embhapathizweni kaJohane kwaze kwaba lusuku akhushulwa ngalo kithi, kumelwe ukuba enye kuwo ibe ngufakazi kanye nathi ngokuvuka kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

23Base bemisa ababili, uJosefa othiwa uBarsaba, othiwa futhi uJustu, kanye noMathiya.

24 Base bekhuleka bethi: Wena Nkosi, owazi izinhliziyo zabantu bonke, ake ukhombe omunye kulaba ababili omkhethileyo

25ukuba athathe isikhundla sale nkonzo nobuphostoli aphambuka kuso uJuda ukuya endaweni yakhe.

26 Base bebenzela inkatho; yadla uMathiya; wabalwa kanye nabaphostoli abayishumi nanye.

## IzEnzo 2

### Ukuthululwa kukaMoya oNgcwele

1 Kwathi sekufikile usuku lwePhentekoste, bonke babebuthene ndawonye.

2 Ngokungazelelwe kwavela ezulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla; yona yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo.

3 Kwase kubonakala kubo izilimi ezahlukeneyo kungathi ezomlilo; zahlala phezu kwalowo nalowo kubo.

4 Base begcwala bonke uMoya oNgcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela.

5Kepha kwakukhona abaJuda abakhile eJerusalema, amadoda akholwayo, evela ezizweni zonke eziphansi kwezulu;

6kwathi kuzwakele lowo mdumo, ububaba lwabuthana, lwaphithiza, ngokuba kwaba yilowo nalowo wabezwa bekhuluma ngolimi lwakubo.

7Bethuka, bamangala bathi: Bheka, bonke laba abakhulumayo abasibo abaseGalile na?

8Yini, pho, ukuba sonke ngabanye sizwe ngolimi lwakithi esazalwa nalo na?

9AmaParte, namaMede, nama-Elamithi, nabakhile eMesopotamiya, naseJudiya, naseKhaphadosiya, nasePontu, nase-Asiya,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10naseFrigiya, nasePhamfiliya, naseGibithe, nasezweni laseLibiya
ngaseKhurene, nezihambi zaseRoma,

11nabaJuda namaproselite, abaseKrethe nabase-Arabiya, siyabezwa
bekhuluma ngezilimi zakithi ngemisebenzi emikhulu kaNkulunkulu.

12Bonke bamangala, basambatheka, bathi omunye komunye: Kuthini lokhu
na?

13Kepha abanye bebabhuqa bathi: Bagcwele iwayini elimnandi.

### Intshumayelo kaPetru

14Wayesesukuma uPetru nabayishumi nanye, waphakamisa izwi lakhe,
waphumisela wathi kubo: Madoda akwaJuda nani nonke enakhileyo
eJerusalema, makwazeke lokhu kini, nibeke indlebe emazwini ami.

15Ngokuba laba kabadakiwe njengokucabanga kwenu, lokhu kuseyihora
lesithathu lemini;

16 kodwa lokhu kuyikho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli ukuthi:

17 Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, ngiyakuthulula
uMoya wami phezu kwayo yonke inyama; amadodana enu namadodakazi
enu ayakuprofetha, izinsizwa zenu zibone imibono, abadala benu baphuphe
amaphupho;

18yebo, naphezu kwezinceku zami nezincekukazi zami ngiyakuthulula uMoya
wami ngaleyo mihla, ziyakuprofetha.

19Ngiyakuveza izimangaliso ezulwini phezulu nezibonakaliso emhlabeni
phansi, igazi, nomlilo, nokuthunqa komusi.

20 Ilanga liyakuphenduka ubumnyama, inyanga ibe yigazi, lungakafiki usuku
olukhulu noluqhamileyo lweNkosi.

21 Kuyakuthi yilowo nalowo obiza igama leNkosi uyakusindiswa.

22 Madoda akwa-Israyeli, zwanini lawa mazwi: UJesu waseNazaretha, indoda
efakazelwe nguNkulunkulu phambi kwenu ngemisebenzi yamandla

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

nangezimangaliso nangezibonakaliso uNkulunkulu azenza ngaye phakathi kwenu, njengalokhu nazi nina uqobo lwenu,

23yena lo, esenikelwe ngesu elimisiweyo nangokwaziphambili kukaNkulunkulu, nambethela ngezandla zabangenamthetho, nambulala;

24lowo uNkulunkulu wamvusa ethukulula iminjunju yokufa, lokhu kwakungenakwenzeka ukuba abanjwe yikho.

25 Ngokuba uDavide uthi ngaye: Ngayibona iNkosi phambi kwami njalo, ngokuba ingakwesokunene sami, ukuze nginganyakaziswa.

26Ngalokho inhliziyo yami iyajabula, nolimi lwami luyethaba; ngisho nenyama yami iyakuhlala ngokwethemba.

27Ngokuba awuyikushiya umphefumulo wami eHayidese, futhi awuyikuvuma oNgcwele wakho abone ukubola.

28Wangazisa izindlela zokuphila; uyakungigcwalisa ngokujabula ebusweni bakho.

29 Madoda, bazalwane, ake ngikhulume kini ngokusobala ngokhokho uDavide ukuthi wafa, nokuthi wembelwa, nokuthi ithuna lakhe lisekhona kithi nanamuhla.

30 Ngakho lokhu engumprofethi, ekwazi ukuthi uNkulunkulu wayefungile kuye ngesifungo ukuthi enzalweni yokhalo lwakhe uyakubeka omunye esihlalweni sakhe sobukhosi,

31ebona kuse phambili, wakhuluma ngokuvuka kukaKristu ukuthi akashiywanga eHayidese, nenyama yakhe ayibonanga ukubola.

32 UJesu lo uNkulunkulu wamvusa, esingofakazi bakho thina sonke;

33 ngakho ephakanyiselwe ngakwesokunene sikaNkulunkulu, esamukele kuYise isithembiso sikaMoya oNgcwele, wakuthulula lokhu enikubonayo nenikuzwayo.

34 Ngokuba uDavide akenyukelanga ezulwini, kepha yena uthi: INkosi yathi eNkosini yami: Hlala ngakwesokunene sami,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

35ngize ngibeke izitha zakho zibe yisenabelo sezinyawo zakho.

36 Ngakho indlu yonke yakwa-Israyeli mayazi impela ukuthi uNkulunkulu
umenzile iNkosi noKristu uJesu lo enambethela nina esiphambanweni.

### Ukuphenduka nokubhapathizwa kwaba yizinkulungwane ezintathu

37 Sebekuzwa bahlabeka enhliziyweni, bathi kuPetru nakwabanye
abaphostoli: Madoda, bazalwane, siyakwenze njani na?

38 UPetru wayesethi: Phendukani, yilowo nalowo abhapathizwe egameni
likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; khona
niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.

39 Ngokuba isithembiso ngesenu nesabantwana benu, esabo bonke abakude,
bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.

40 Wafakaza nangamanye amazwi amaningi, wabayala wathi: Zisindiseni
kulesi sizukulwane esiphambeneyo.

41 Ngakho abalamukeleyo izwi lakhe babhapathizwa, kwenezelwa ngalowo
muhla abantu kungathi izinkulungwane ezintathu.

### Ibandla laseJerusalema

42 Baqinisela njalo esifundisweni sabaphostoli, nasekuhlanganeni,
nasekuhlephuleni isinkwa, nasemikhulekweni.

43Kepha kwaba yilowo nalowo muntu wehlelwa ngukwesaba; kwenziwa
ngababaphostoli izimangaliso nezibonakaliso eziningi.

44 Bonke abakholwayo babe ndawonye, bahlanganyela izinto zonke;

45 bathengisa ngemfuyo nangempahla, babela bonke ngayo njengokuswela
kwabo.

46Imihla ngemihla baqinisela nganhliziyonye ethempelini, bahlephula isinkwa
ekhaya, badla ukudla kwabo ngentokozo nangobumhlophe benhliziyo,

47 bemdumisa uNkulunkulu, bethandeka kubantu bonke. INkosi yenezela
ebandleni imihla ngemihla abasindiswayo.

## IzEnzo 3

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### UPetru uphilisa umuntu oyisishosha

1UPetru noJohane bakhuphukela ethempelini ngehora lokukhuleka, elesishiyagalolunye.

2 Kwase kulethwa indoda ethile eyisishosha kwasesiswini sikanina, ababeyibeka imihla ngemihla ngasemnyango wethempeli othiwa Omuhle ukuba icele ukwabelwa izipho kwabangenayo ethempelini.

3Kwathi ukuba abone oPetru noJohane bezakungena ethempelini, wacela ukwabelwa isipho.

4Kepha uPetru wamgqolozela kanye noJohane, wathi: Sibheke!

5Wayesebabheka ethemba ukuba amukele utho kubo.

6Kodwa uPetru wathi: Isiliva negolide anginalo; kepha lokho enginakho ngikupha khona: egameni likaJesu Kristu waseNazaretha, hamba.

7Wayesembamba ngesandla sokunene, wamsukumisa; kwaqina masinyane izinyawo zakhe namaqakala,

8egxuma, wema, wahamba, wangena nabo ethempelini, ehamba, egxuma, emdumisa uNkulunkulu.

9Abantu bonke bambona ehamba, edumisa uNkulunkulu.

10Kepha base bemazi ukuba nguyena owayehlalela ukuphiwa ngaseMnyango Omuhle wethempeli, behlelwa ngukwesaba nokumangala ngokwenzakele kuye.

### UPetru ukhuluma ngoKristu ukuthi uyiNkosi yokuphila

11 Esabambelele koPetru noJohane, bonke abantu bagijimela kubo emphemeni othiwa okaSolomoni, besaba kakhulu.

12Khona uPetru ebona lokho wathatha wathi kubantu: Madoda akwa-Israyeli, nimangalelani ngalona, nisigqolozelelani ngokungathi simenze ukuba ahambe ngawethu amandla nangokwethu ukukholwa na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 UNkulunkulu ka-Abrahama noka-Isaka nokaJakobe, uNkulunkulu wawobaba bethu uyidumisile iNceku yakhe uJesu enayikhaphela, nayiphika ebusweni bukaPilatu, yena esenqumile ukuyikhulula;

14 kepha nina namphika oNgcwele noLungileyo, nacela ukuba niphiwe ongumbulali,

15 nayibulala iNkosi yokuphila ayivusayo uNkulunkulu kwabafileyo, esingofakazi bakho thina.

16 Ngokukholwa egameni layo lo enimbonayo nenimaziyo igama layo lamenza aqine, nokukholwa okungayo kumnike le mpilo phambi kwenu nonke.

17 Kalokhu, bazalwane, ngiyazi ukuthi nenza lokho ngokungazi njengabo ababusi benu.

18 Kepha lokho uNkulunkulu akumemezela ngaphambili ngomlomo wabaprofethi bonke ukuthi uKristu wakhe uyakuhlupheka, ukugcwalisile kanje.

19 Ngalokhu phendukani, niguquke ukuba kuhlangulwe izono zenu,

20 ukuze kufike izikhathi zokuhlunyelelwa ezivela ebusweni beNkosi nokuba ithume uKristu Jesu enimmiselweyo,

21 okumelwe ukuba izulu limamukele, kuze kube yizikhathi zokubuyiselwa kwakho konke uNkulunkulu akhuluma ngakho ngomlomo wabaprofethi bakhe abangcwele, kusukela kwaphakade.

22 UMose kambe wathi: INkosi uNkulunkulu iyakunivusela umprofethi kubazalwane benu njengami, niyakumlalela kukho konke azakukukhuluma kini.

23 Kuyakuthi wonke umuntu ongayikumlalela lowo mprofethi uyakuchithwa kubantu.

24 Yebo, nabaprofethi bonke, kusukela kuSamuweli nabalandelayo, bonke abakhulumileyo, bamemezela lezo zinsuku.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25 Nina ningamadodana abaprofethi nawesivumelwano uNkulunkulu asenzayo nawoyihlo, ethi ku-Abrahama: Ngenzalo yakho iyakubusiswa imindeni yonke yomhlaba.

26 UNkulunkulu eseyivusile iNceku yakhe wayithumela kini kuqala ukunibusisa ngokuniguqula, kube yilowo nalowo kini ebubini bakhe.

## IzEnzo 4

### Ukuboshwa kukaPetru noJohane, nokuma kwabo phambi komphakathi wabaJuda

1 Kepha besakhuluma kubantu, abapristi nenduna yethempeli nabaSadusi babafikela,

2 benengwa ngukufundisa kwabo abantu nokumemezela ngoJesu ukuvuka kwabafileyo,

3 bababamba, babafaka etilongweni kwaze kwaba kusasa, ngokuba kwase kuhlwile.

4 Kepha abaningi kwabezwayo izwi bakholwa; umumo wamadoda waba kungathi izinkulungwane eziyisihlanu.

5 Kwathi ngangomuso kwabuthana eJerusalema ababusi namalunga nababhali babo,

6 no-Anase umpristi omkhulu, noKayafase, noJohane, no-Aleksandru, nabo bonke abendlu yompristi omkhulu,

7 babamisa phakathi kwabo, bababuza bathi: Lokho nikwenze ngamaphi amandla nangaliphi igama na?

8 Khona uPetru egcwele uMoya oNgcwele wathi kubo: Nina babusi bezizwe namalunga,

9 nxa sibuzwa namuhla ngomsebenzi omuhle kumuntu ogulayo ukuthi yena usindiswe ngani,

10 makwazeke kini nonke nasesizweni sonke sakwa-Israyeli ukuthi ngegama likaJesu Kristu waseNazaretha enambethela esiphambanweni, amvusayo uNkulunkulu kwabafileyo, ngaye umi lo muntu phambi kwenu esindile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Yena uyitshe eladelelwa yinina bakhi, eselaba yinhloko yegumbi.

12 Ayikho insindiso ngomunye, ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu elinikiwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo.

13Kwathi bebona isibindi sikaPetru noJohane, beqonda ukuthi bangabantu abangafundile, bayimifunda nje, bamangala; babazi ukuthi kade benoJesu;

14kepha bebona umuntu ophilisiweyo emi nabo, babengenakuphika lutho.

15Kodwa sebebayalile ukuba baphume emphakathini balulekana bodwa,

16 bathi: Sizakubenzani laba bantu na? Ngokuba kusobala kubo bonke abakhileyo eJerusalema ukuthi isibonakaliso esiqhamileyo senziwe yibo, asinakukuphika.

17Kodwa ukuze kungabe kusanda phakathi kwabantu, asibalaye, bangabe besakhuluma kumuntu namunye ngalelo gama.

18 Base bebabiza, babayala ngokuthi bangakhulumi, bangafundisi nakanye ngegama likaJesu.

19Kepha oPetru noJohane baphendula, bathi kubo: Nqumani nina ukuba kulungile yini ebusweni bukaNkulunkulu ukulalela nina kunoNkulunkulu,

20ngokuba thina asinakuyeka ukukhuluma ngalokho esikubonileyo nesikuzwileyo.

21Khona sebebalayile futhi babayeka, bengafumananga ukuthi bangabajezisa kanjani ngenxa yabantu, ngokuba bonke bedumisa uNkulunkulu ngalokho okwenzekileyo;

22ngokuba umuntu esenziwe kuye leso sibonakaliso sokuphulukiswa wayeneminyaka eve emashumini amane.

**Ukukhuleka kwebandla**

23Sebeyekiwe baya kwabakubo, babika konke abapristi abakhulu namalunga abekushilo kubo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Bona sebezwile baphakamisa izwi kuNkulunkulu nganhliziyonye, bathi: Somandla, wena owenza izulu, nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho,

25 owasho ngoMoya oNgcwele ngomlomo kababa uDavide inceku yakho ukuthi: Kungani ukuba abezizwe baxokozele, nabantu bacebe okuyize, na?

26Amakhosi omhlaba aqhelile, nababusi bayihlanganyele iNkosi noGcotshiweyo wayo.

27 Ngokuba ngempela oHerode, noPontiyu Pilatu, kanye nabezizwe, nabantu bakwa-Israyeli bayihlanganyela kulo muzi iNceku yakho engcwele uJesu owamgcobayo

28 ukuzakukwenza lokho okumiswe ngaphambili yisandla necebo lakho ukuba kwenzeke.

29 Manje-ke, Nkosi, bheka ukusongela kwabo, unike izinceku zakho ukuba zikhulume izwi lakho ngaso sonke isibindi

30ngokwelula isandla sakho ukuphulukisa, kwenziwe izibonakaliso nezimangaliso ngegama leNceku yakho engcwele uJesu.

31 Kwathi sebekhulekile, kwazanyazanyiswa indawo lapho bebebuthene khona, bagcwaliswa bonke nguMoya oNgcwele, bakhuluma izwi likaNkulunkulu ngesibindi.

### Ukuhlanganyela kwebandla izinto zonke

32 Isixuku sabakholwayo sasinhliziyonye nomphefumulo munye; akwabakho noyedwa owasho ngezimpahla zakhe ukuthi ngezakhe, kodwa bakuhlanganyela konke.

33Abaphostoli baveza ngamandla amakhulu ubufakazi ngokuvuka kweNkosi uJesu; umusa omkhulu wawuphezu kwabo bonke.

34 Kwakungekho oswelayo phakathi kwabo; ngokuba bonke ababengabanikazi bamazwe noma bezindlu bathengisa ngakho, baletha imali yalokho abathengise ngakho,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35 bayibeka ngasezinyaweni zabaphostoli; kwaba yilowo nalowo wabelwa njengokuswela kwakhe.

36 Kwathi uJosefa owathiwa ngabaphostoli uBarnaba, okungukuthi ngokuhunyushwa indodana yenduduzo, umLevi waseKhupro ngokuzalwa,

37 enensimu, wathengisa ngayo, waletha imali, wayibeka ngasezinyaweni zabaphostoli.

## IzEnzo 5

### O-Ananiya noSafira

1 Kepha indoda ethile, igama layo lingu-Ananiya, inoSafira umkayo, yathengisa ngendawo;

2 yagodla inxenye yemali, nomkayo ekwazi, yaletha inxenye ethile, yayibeka ngasezinyaweni zabaphostoli.

3 Wayesethi uPetru: Ananiya, kungani ukuba uSathane agcwalise inhliziyo yakho, uqambe amanga kuMoya oNgcwele, ugodle inxenye yemali yezwe, na?

4 Lisekhona belingesilo elakho na? Selithengisiwe belingekho emandleni akho na? Uyibekeleni leyo nto enhliziyweni yakho na? Awuqambanga amanga kubantu kepha kuNkulunkulu.

5 Kuthe u-Ananiya ezwa lawo mazwi, wawa phansi, wafa, ukwesaba okukhulu kwehlela bonke abezwa lokho.

6 Izinsizwa zasuka, zamsongelezela, zamkhiphela phandle, zammbela.

7 Kwathi emva kwesikhathi esingaba ngamahora amathathu kwangena nomkakhe, engakwazi okwenzakeleyo.

8 UPetru wayesethatha ethi: Ngitshele ukuba izwe nilithengise ngokungaka na? Wathi: Yebo, ngokungaka.

9 Kepha uPetru wathi kuye: Kungani ukuba nivumelene ngokulinga uMoya weNkosi na? Bheka, izinyawo zabambele indoda yakho zisemnyango, nawe bazakukukhiphela phandle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

10Wayesewa phansi masinyane ngasezinyaweni zakhe, wafa; izinsizwa zangena, zamfumana efile, zamkhiphela phandle, zammbela ngasendodeni yakhe.

11Ukwesaba okukhulu kwalehlela ibandla lonke nabo bonke abezwa lokho.

### Izimangaliso zabaphostoli

12 Kwenziwa izimangaliso nezibonakaliso eziningi ebantwini ngezandla zabaphostoli; bonke babe nhliziyonye besemphemeni kaSolomoni.

13Kepha kwabanye akwabakho owayenesibindi sokuzihlanganisa nabo, kepha abantu babebazisa kakhulu;

14benezelwa kakhulu abakholwa yiNkosi, abaningi nabesilisa nabesifazane,

15 ngangokuba bakhiphela phandle emigwaqweni abagulayo, bababeka emacansini nasezinhlakeni, kuze kuthi lapho eza uPetru, isithunzi nje sakhe sisithibeze abanye kubo.

16Kwabuthana nesixuku esivela emizini ezungeze iJerusalema, beletha abagulayo nabakhathazwa ngawomoya abangcolileyo; baphulukiswa bonke.

### Ukuboshwa nokukhululwa kwabaphostoli

17 Kwase kusuka umpristi omkhulu nabo bonke ababe naye abangabehlelo labaSadusi, bagcwala umhawu,

18bababamba abaphostoli, babafaka etilongweni lombuso.

19 Kepha ingelosi yeNkosi yavula iminyango yetilongo ebusuku, yabakhipha, yathi:

20 Hambani, nime nikhulume ethempelini kubantu amazwi onke alokhu kuPhila.

21Kwathi sebezwile, bangena ethempelini ekuthatheni kokusa, bafundisa. Kepha kwafika umpristi omkhulu nababe naye, babizela ndawonye umphakathi nezigele zonke zabantwana bakwa-Israyeli, bathumela endlini yeziboshwa ukuba balethwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Kepha izikhonzi ezafika khona azibafumananga etilongweni; zase zibuyela
emuva, zabika

23zathi: Indlu yeziboshwa sayifumana ivaliwe, iqinile impela, nabalindi bemi
eminyango; kepha sesivulile asifumananga muntu ngaphakathi.

24Kwathi ukuba induna yethempeli nabapristi abakhulu bezwe lawo mazwi,
basambatheka ngawo ngokuthi kungaba yini lokho na?

25Kepha kwafika omunye, wababikela wathi: Bhekani, amadoda
ebeniwafakile etilongweni emi ethempelini, afundisa abantu.

26Khona yaphuma induna kanye nezikhonzi, zabaletha, kungengampoqo,
ngokuba bebesaba abantu, funa bakhandwe ngamatshe.

27Sebebalethile babamisa emphakathini; umpristi omkhulu wababuza,

28 wathi: Saniyala nokuniyala ukuba ningafundisi ngalelo gama; bhekani,
senigcwalise iJerusalema ngesifundiso senu, nihlose ukwehlisela igazi lalowo
muntu phezu kwethu.

29 Kepha uPetru nabaphostoli baphendula bathi: Simelwe ukulalela
uNkulunkulu kunabantu.

30 UNkulunkulu wawobaba wamvusa uJesu enambulala nina
ngokumphanyeka emthini;

31 lowo uNkulunkulu wamphakamisa ngesokunene sakhe abe yiNkosi
noMsindisi ukuba anike u-Israyeli ukuphenduka nokuthethelelwa kwezono.

32 Thina singofakazi balezo zinto kanye noMoya oNgcwele uNkulunkulu
amnikile labo abamlalelayo.

33 Bona sebezwile bathukuthela, bafuna ukubabulala.

## Isiluleko sikaGamaliyeli

34 Kwase kusukuma omunye emphakathini, umFarisi ogama lakhe
linguGamaliyeli, isazimthetho esitusekayo esizweni sonke, wayala ukuba
abantu bakhishwe isikhashana;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35wayesethi kubo: Madoda akwa-Israyeli, qaphelani kulokho enizakukwenza kulaba bantu.

36Ngokuba ngaphambi kwalezi zinsuku kwasuka uThewuda ezishaya omkhulu; kwanamathela kuye amadoda angathi amakhulu amane; wabulawa yena nabo bonke abamlalelayo, bachitheka, baphela.

37Emva kwalowo kwasuka uJuda waseGalile ezinsukwini zokubhalwa; wahlubukisa abantu ukuba bamlandele; nalowo wabhubha, nabo bonke abamlalelayo bahlakazeka.

38Manje-ke ngithi kini: Dedani kulaba bantu, nibayeke, ngokuba uma leli su nalo msebenzi kuvela kubantu, kuyakuchitheka;

39 kepha uma kuvela kuNkulunkulu, aniyikuba namandla okubachitha, funa mhlawumbe nifunyanwe ningabalwayo noNkulunkulu. Bamvumela-ke.

40Base bebabiza abaphostoli, babashaya, babayala ngokuthi bangakhulumi ngegama likaJesu, babakhulula.

41 Khona basuka phambi komphakathi bethokoza, ngokuba bebefanele ukudunyazwa ngenxa yalelo gama;

42abayekanga ukufundisa nokushumayela ivangeli ngoJesu Kristu imihla yonke ethempelini nasemakhaya.

## IzEnzo 6

### Amadoda ayisikhombisa akhethwa ukuba aphathe abampofu

1 Kwathi ngaleyo mihla abafundi sebanda, kwavela ukukhonona kubaJuda abakhuluma isiGreki ngamaHeberu ngokuthi abafelokazi bakubo bayancishwa ekwabelweni kwemihla ngemihla.

2Abayishumi nambili base bebiza ibandla labafundi, bathi: Akukuhle ukuba thina sishiye izwi likaNkulunkulu, sikhonze ematafuleni.

3 Funani-ke phakathi kwenu bazalwane amadoda ayisikhombisa anodumo oluhle, agcwele uMoya nokuhlakanipha, esingawamisela lowo msebenzi.

4Kepha thina sizakuqinisela ekukhulekeni nasenkonzweni yezwi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Leli zwi laba lihle kulo lonke ibandla; base bekhetha uStefanu, umuntu owayegcwele ukukholwa noMoya oNgcwele, noFiliphu, noProkhoro, noNikanori, noThimoni, noPharmena, noNikolawu, iproselite lase-Antiyokiya,

6 babamisa phambi kwabaphostoli; bakhuleka, babeka izandla phezu kwabo.

7 Izwi likaNkulunkulu landa, umumo wabafundi wakhula eJerusalema, nesixuku esikhulu sabapristi salalela inkolo.

### UStefanu umangalelwa emphakathini

8 Kepha uStefanu egcwele umusa namandla wenza izimangaliso nezibonakaliso ezinkulu phakathi kwabantu.

9Kwase kusuka abanye besinagoge elithiwa elabaLibertino, nabaseKhurene, nabase-Aleksandriya, nabavela eKhilikhiya nase-Asiya, baphikisana noStefanu;

10 kepha babengenamandla okumelana nokuhlakanipha noMoya ayekhuluma ngakho.

11 Khona bathenga amadoda athi: Simzwile ekhuluma amazwi enhlamba ngoMose nangoNkulunkulu,

12bavusa abantu namalunga nababhali, bamvukela, bambamba, bamyisa emphakathini;

13 bamisa ofakazi bamanga abathi: Lo muntu akayeki ukukhuluma amazwi ngale ndawo engcwele nangomthetho;

14ngokuba simzwile ethi uJesu lo waseNazaretha uzakuchitha le ndawo, aguqule imithetho asinika yona uMose.

15Kwathi bemgqolozela bonke ababehlezi emphakathini, babona ubuso bakhe kungathi ubuso bengelosi.

## IzEnzo 7

### Ukuziphendulela kukaStefanu

1Umpristi omkhulu wayesethi: Nembala lokhu kunjalo na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Yena wathi: Madoda, bazalwane, nani bobaba, lalelani. UNkulunkulu
wenkazimulo wabonakala kubaba u-Abrahama eseMesopotamiya, engakakhi
eHarana,

3wathi kuye: Phuma ezweni lakini nasezihlotsheni zakho, uye ezweni
engizakukukhombisa lona.

4 Khona waphuma ezweni lamaKaledi, waya wakha eHarana. Kwathi esefile
uyise, uNkulunkulu wamsusa lapho, wamhlalisa kuleli zwe enakhe kulo nina
manje.

5 Kepha akamnikanga ifa kulo, ngisho nelingangonyawo, wathembisa kodwa
ukuthi uzakumnika lona libe ngelakhe nelenzalo yakhe emva kwakhe,
engakabi namntwana.

6UNkulunkulu wakhuluma kanje, wathi: Inzalo yakhe izakuba ngumfokazi
ezweni lezizwe; bayakuyenza izigqila, bayiphathe kabi iminyaka
engamakhulu amane.

7 Kepha leso sizwe abayakuba yizigqila kuso ngiyakusahlulela mina, washo
uNkulunkulu, andukuba baphume, bangikhonze kule ndawo.

8 Wayesemnika isivumelwano sokusoka; kanjalo-ke wazala u-Isaka, wamsoka
ngosuku lwesishiyagalombili; u-Isaka wazala uJakobe, uJakobe wazala
okhokho abayishumi nambili.

9 Okhokho baba nomhawu ngoJosefa, bathengisa ngaye, wasiwa eGibithe;
kodwa uNkulunkulu wayenaye,

10 wamkhipha kuzo zonke izinhlupheko zakhe, wamupha umusa
nokuhlakanipha phambi kukaFaro inkosi yaseGibithe; yena wammisa abe
ngumbusi eGibithe nakuyo yonke indlu yakhe.

11 Kepha kwafika indlala kulo lonke iGibithe nakwaKhanani, nokuhlupheka
okukhulu; obaba kabafumana ukudla.

12 UJakobe esezwile ukuthi kukhona ukudla eGibithe, wathuma obaba
ngokokuqala;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 kwathi ngokwesibili uJosefa waziwa ngabafowabo; kwabonakala kuFaro
isizwe sakubo kaJosefa.

14 UJosefa wayesethumela wabiza uJakobe uyise nabakubo bonke, abantu
abangamashumi ayisikhombisa nanhlanu.

15 UJakobe wehlela eGibithe; wafa yena nawobaba.

16Bayiswa eSikemi, babekwa ethuneni alithenga u-Abrahama ngenani lesiliva
kumadodana kaHamori eSikemi.

17 Kepha sesisondele isikhathi sesithembiso uNkulunkulu asisho ku-
Abrahama, banda abantu, baba baningi eGibithe,

18kwaze kwavela enye inkosi eGibithe ebingamazi uJosefa.

19Yona yasiphatha ngobuqili isizwe sakithi, yabahlupha obaba ngokubalahlisa
izingane zabo zingaphili.

20 Ngaleso sikhathi kwazalwa uMose, waba muhle kuNkulunkulu; wondliwa
izinyanga ezintathu endlini kayise;

21 eselahliwe, indodakazi kaFaro yamthola, yazondlela yena ukuba abe
yindodana yayo.

22UMose wafundiswa ukuhlakanipha konke kwabaseGibithe; waba namandla
ngamazwi nangemisebenzi yakhe.

23 Kuthe eseneminyaka engamashumi amane ezelwe, kwafika enhliziyweni
yakhe ukuba abamele abafowabo, abantwana bakwa-Israyeli.

24Wabona umuntu ephathwa kabi, wamvikela, wamphindisela ohlushwayo,
wambulala owaseGibithe.

25Ubethemba ukuthi abafowabo bayakuqonda ukuthi uNkulunkulu ubanika
ukusindiswa ngesandla sakhe; kepha abakuqondanga.

26Nangangomuso wafika kubo belwa, wazama ukubalamula, babuyisane,
wathi: Madoda, ningabazalwane; niphathanelani kabi na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27 Kepha lowo owayemona umakhelwane wakhe wamhlohloloza wathi:
Ubekwe ngubani ube ngumbusi nomahluleli phezu kwethu na?

28Usufuna ukungibulala nami, njengalokho ubulele owaseGibithe izolo na?

29Khona uMose wabaleka ngenxa yalelo zwi, waba ngumfokazi ezweni
lakwaMidiyani, lapho azala khona amadodana amabili.

30 Kwathi sekuphelele iminyaka engamashumi amane, kwabonakala kuye
ehlane lentaba yaseSinayi ingelosi iselangabini lomlilo esihlahleni.

31UMose ekubona wamangala ngalowo mbono; esasondela ukuba abhekisise,
kwafika izwi leNkosi, lathi:

32 NginguNkulunkulu wawoyihlo, uNkulunkulu ka-Abrahama noka-Isaka
nokaJakobe. UMose wathuthumela, akaba nasibindi sokubhekisisa.

33 INkosi yayisithi kuye: Khumula izicathulo ezinyaweni zakho, ngokuba
indawo omi kuyo ingumhlabathi ongcwele.

34Ngikubonile nokukubona ukuhlushwa kwesizwe sami esiseGibithe, ngizwile
ukububula kwaso; sengehlile ukuba ngibakhiphe. Woza kalokhu,
ngizakukuthumela eGibithe.

35 UMose lowo abamalayo bethi: Ubekwe ngubani ube ngumbusi nomahluleli
na? nguyena amthumayo uNkulunkulu ngesandla sengelosi eyabonakala kuye
esihlahleni, abe ngumbusi nomhlengi.

36 Yena lowo wabakhipha enza izimangaliso nezibonakaliso ezweni
laseGibithe, naseLwandle Olubomvu, nasehlane iminyaka engamashumi
amane.

37 Nguye uMose lowo owathi kubantwana bakwa-Israyeli: UNkulunkulu
uyakunivusela umprofethi kubafowenu onjengami.

38Nguye lowo owayesebandleni ehlane kanye nengelosi eyakhuluma naye
entabeni yaseSinayi kanye nawobaba, nowamukela amazwi okuphila, ukuze
aninike wona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

39 Kepha obaba abavumanga ukumlalela, kodwa bamhlohloloza, babuyela emuva eGibithe ngezinhliziyo zabo,

40 bathi ku-Aroni: Senzele onkulunkulu abazakuhamba phambi kwethu; ngokuba uMose lowo owasikhipha ezweni laseGibithe, asazi ukuba wehlelwe yini.

41Benza ithole ngaleyo mihla, baletha umhlatshelo esithombeni, bajabula ngemisebenzi yezandla zabo.

42 Kepha uNkulunkulu wabafulathela, wabadedela ukuba bakhonze ibandla lezulu, njengokuba kulotshiwe encwadini yabaprofethi ukuthi: Naningilethela iminikelo nemihlatshelo iminyaka engamashumi amane ehlane nina ndlu ka-Israyeli na?

43Qha, nathatha itende likaMoloki nenkanyezi kankulunkulu uRemfani, imifanekiso enayenza ukuba nikhuleke kuyo. Ngiyakunimukisela ngaphambili kweBabiloni.

44 Kwakukhona itende lobufakazi kobaba ehlane njengalokho akuyalayo yena owakhuluma noMose ukuba alenze ngomfanekiso abewubonile;

45 obaba benoJoshuwa balamukela, balingenisa ezweni lezizwe azixoshayo uNkulunkulu ebusweni bawobaba, kwaze kwaba semihleni kaDavide

46 owathola umusa ebusweni bukaNkulunkulu, wacela ukufunela uNkulunkulu kaJakobe idokodo.

47 Kepha nguSolomoni owamakhela indlu.

48 Kodwa oPhezukonke akahlali ezindlini ezenziwe ngezandla njengokusho komprofethi ukuthi:

49 Izulu liyisihlalo sami sobukhosi, nomhlaba uyisenabelo sezinyawo zami; ngenjani indlu eniyakungakhela yona, isho iNkosi, noma yiyiphi indawo yami yokuphumula na?

50Isandla sami asikwenzanga konke lokho na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

51 Nina bantamo zilukhuni, abangasokile ezinhliziyweni nasezindlebeni, nimelana njalo noMoya oNgcwele; njengoyihlo ninjalo nani.

52 Ngumuphi kubaprofethi oyihlo abangamzingelanga na? Bababulala ababememezela ngaphambili ukuza koLungileyo, eseningabakhapheli nababulali bakhe,

53 nina enamukela umthetho ngokuyala kwezingelosi, kepha aniwugcinanga.

### Ukufa kukaStefanu

54 Kwathi bekuzwa lokho, bahlabeka ezinhliziyweni, bamgugudela amazinyo.

55 Kepha yena egcwele uMoya oNgcwele wagqolozela ezulwini, wabona inkazimulo kaNkulunkulu, noJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu,

56 wathi: Bheka, ngibona izulu livuliwe, neNdodana yomuntu imi ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

57Base bekhamuluka ngezwi elikhulu, bavala izindlebe, batheleka kuye kanyekanye,

58 bamkhiphela ngaphandle komuzi, bamkhanda ngamatshe. Ofakazi babeka izingubo zabo ngasezinyaweni zensizwa egama layo linguSawulu.

59 UStefanu bamkhanda ngamatshe ekhuleka ethi: Nkosi Jesu, yamukela umoya wami.

60 Wayeseguqa phansi, wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Nkosi, ungababaleli lesi sono. Eseshilo lokho walala ubuthongo.

## IzEnzo 8

### USawulu uzingela amakholwa

1 Kepha uSawulu wayevumelene nabo ngokubulawa kwakhe. Ngalolo suku kwavela ukuzingelwa okukhulu kwebandla laseJerusalema; bahlakazeka bonke emazweni aseJudiya naseSamariya; kwasala abaphostoli bodwa.

2Amadoda akholwayo ammbela uStefanu, amkhalela isililo esikhulu.

3 Kepha uSawulu walichitha ibandla, engena ezindlini ngezindlu, ehudula abesilisa nabesifazane, wabafaka etilongweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### UFiliphu ushumayela eSamariya

4 Abahlakazekileyo base behamba, beshumayela izwi levangeli.

5UFiliphu wehlela emzini waseSamariya, wabashumayeza uKristu.

6Izixuku zalalela nganhliziyonye okwakhulunywa nguFiliphu, zizwa, zibona izibonakaliso azenzayo.

7 Ngokuba kwaphuma omoya abangcolileyo kwabaningi abakhwelwa yibo, bememeza ngezwi elikhulu; nabaningi abafe uhlangothi nabayizinyonga baphulukiswa;

8 kwaba khona ukuthokoza okukhulu kulowo muzi.

### USimoni oyisanusi

9 Kepha kwakukhona indoda ethile, nguSimoni igama layo, eyayikade yenza imilingo kulowo muzi, isimangalisa isizwe saseSamariya, izishaya umuntu omkhulu;

10banamathela kuye bonke kusukela kwabancinyane kuze kube kwabakhulu, bethi: Lo ungamandla kaNkulunkulu abizwa ngokuthi Makhulu,

11babenamathela kuye, ngokuba ebamangalisile isikhathi eside ngemilingo yakhe.

12Kepha bathi ukuba bakholwe nguFiliphu eshumayela ivangeli ngombuso kaNkulunkulu nangegama likaJesu Kristu, babhapathizwa abesilisa nabesifazane.

13Naye uSimoni wakholwa; wathi esebhapathiziwe, wanamathela kuFiliphu, wamangala ebona izibonakaliso nemisebenzi emikhulu yamandla eyenziwayo.

14Kwathi ukuba abaphostoli baseJerusalema bezwe ukuthi iSamariya lilamukele izwi likaNkulunkulu, bathumela kubo oPetru noJohane;

15sebehlele khona babakhulekela ukuba bamukele uMoya oNgcwele,

16ngokuba wayengakehleli nakoyedwa kubo; kodwa babesabhapathiziwe egameni leNkosi uJesu kuphela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Khona babeka izandla phezu kwabo; base bamukela-ke uMoya oNgcwele.

18Kepha uSimoni, ebonile ukuthi ngokubekwa kwezandla zabaphostoli uyaphiwa uMoya, waletha imali kubo,

19wathi: Ngipheni nami lawo mandla, ukuze yilowo nalowo engibeka izandla phezu kwakhe amukele uMoya oNgcwele.

20 Kepha uPetru wathi kuye: Isiliva lakho malibhubhe kanye nawe, ngokuba uthi isipho sikaNkulunkulu singathengwa ngemali.

21Awunasabelo nalifa kuleli zwi, ngokuba inhliziyo yakho ayilungile phambi kukaNkulunkulu.

22Ngakho-ke phenduka kulobu bubi bakho, unxuse eNkosini, ingabe ungathethelelwa yini isizindlo senhliziyo yakho,

23ngokuba ngiyabona ukuthi usenyongweni ebabayo nasekuboshweni kokubi.

24USimoni wayesephendula ethi: Nginxuseleni nina eNkosini, ukuze kungehleli lutho kimi lwalokho enikushiloyo.

25Kuthe sebefakazile, belikhulumile izwi leNkosi, babuyela eJerusalema, bashumayela ivangeli emizaneni eminingi yabaseSamariya.

**Ukuphenduka kwenduna yase-Etiyopiya**

26Kepha ingelosi yeNkosi yakhuluma kuFiliphu, yathi: Suka uye ngaseningizimu endleleni ephuma eJerusalema ehlela eGaza; yona iyihlane.

27 Wayesesuka wahamba. Bheka, nansi indoda yase-Etiyopiya, umthenwa, isikhulu sikaKhandakhe inkosikazi yase-Etiyopiya, ebiphezu kwengcebo yayo yonke, ebifikile eJerusalema izakukhuleka;

28ibisibuya, ihlezi enqoleni yayo, ifunda umprofethi u-Isaya.

29UMoya wathi kuFiliphu: Sondela, unamathele kuleyo nqola.

30UFiliphu wayesegijimela kuyo, wayizwa ifunda umprofethi u-Isaya, wathi: Uyakuqonda kambe lokhu okufundayo na?

31Yona yathi: Ngingakwazi kanjani, uma kungekho ongiholayo na? Yamnxusa uFiliphu ukuba akhwele ahlale nayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

32 Kepha isahlukwana sombhalo ebisifunda yilesi esithi: Wayiswa
ekuhlatshweni njengemvu; njengewundlu elithule phambi komgundi walo
kanjalo kawuvulanga umlomo wakhe.

33 Ekuthobeleni kwakhe ukwahlulelwa kwakhe kwasuswa. Ngubani ongalanda
ngesizukulwane sakhe na? Ngokuba ukuphila kwakhe kuyasuswa emhlabeni.

34 Kepha umthenwa wathatha wathi kuFiliphu: Ngiyacela, umprofethi
ukhuluma lokho ngobani na? Uzisho yena noma omunye na?

35 UFiliphu wavula umlomo wakhe, eqala kulowo mbhalo washumayela
ivangeli ngoJesu.

36 Kwathi besahamba endleleni, bafika emanzini. Umthenwa wathi: Bheka,
nanka amanzi; kwalani ukuba ngibhapathizwe na?

37 UFiliphu wathi kuye: Uma ukholwa ngenhliziyo yonke, kungenziwa.
Waphendula wathi: Ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana
kaNkulunkulu.

38 Wayala ukuba inqola ime. Behlela emanzini bobabili, uFiliphu nomthenwa;
wambhapathiza.

39 Kwathi sebekhuphukile emanzini, uMoya weNkosi wamhlwitha uFiliphu,
umthenwa akabe esambona, kodwa wahamba ngendlela yakhe ethokoza.

40 Kepha uFiliphu wafunyanwa e-Azotu, wahamba eshumayela ivangeli kuyo
yonke imizi, waze wafika eKesariya.

## IzEnzo 9

### Ukuphenduka nokubhapathizwa kukaSawulu

1 Kepha uSawulu esafutha ngokusongela nokubulala abafundi beNkosi, waya
kumpristi omkhulu,

2 wacela kuye izincwadi zokuya eDamaseku emasinagogeni, kuze kuthi uma
efumana abantu baleyo Ndlela, abesilisa nabesifazane, abayise eJerusalema
beboshiwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Kepha ekuhambeni kwakhe, esesondela eDamaseku, kwambaneka
masinyane nxazonke ukukhanya okuvela ezulwini.

4Wawa phansi emhlabathini, wezwa izwi lithi kuye: Sawulu, Sawulu,
ungizingelelani na? Kulukhuni kuwe ukukhahlela ezinkandini.

5Wayesethi: Ungubani, Nkosi? Yathi: Mina nginguJesu omzingelayo wena;

6kodwa vuka ungene emzini, uzakutshelwa lokhu omelwe ukukwenza.

7Kepha amadoda ayehamba naye ayemi engenakukhuluma, ngokuba ezwa
izwi kodwa ayengaboni muntu.

8USawulu wayesevuka phansi; kepha esevulile amehlo akhe, kabonanga
lutho. Base bembamba ngesandla, bamyisa eDamaseku.

9Izinsuku zaba ntathu engaboni, engadli, engaphuzi.

10Kwakukhona eDamaseku umfundi othile, igama lakhe lingu-Ananiya; iNkosi
yathi kuye ngombono: Ananiya! Yena wathi: Ngikhona, Nkosi.

11INkosi yayisithi kuye: Suka uye esitaladini esithiwa Siqondile, ufune endlini
kaJuda umuntu ogama lakhe linguSawulu waseTarsu; ngokuba bheka,
uyakhuleka;

12ubonile indoda, igama layo lingu-Ananiya, ingena, ibeka izandla phezu
kwakhe ukuba abone.

13Kepha u-Ananiya waphendula wathi: Nkosi, ngizwile ngabaningi ngaleyo
ndoda konke okubi ekwenzile kwabangcwele bakho eJerusalema;

14nalapha unamandla avela kubapristi abakhulu okubopha bonke abakhuleka
egameni lakho.

15 INkosi yayisithi kuye: Hamba, ngokuba lo uyisitsha sami esikhethiweyo
sokuphatha igama lami phambi kwabezizwe, namakhosi, nabantwana bakwa-
Israyeli,

16 ngokuba mina ngizakumbonisa konke amelwe ukuhlushwa ngakho ngenxa
yegama lami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[17]Khona wahamba u-Ananiya, wangena endlini, wabeka izandla phezu kwakhe, wathi: Sawulu umzalwane, iNkosi uJesu eyabonakala kuwe endleleni oze ngayo, ingithumile ukuba ubuye ubone, ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

[18]Kwawa masinyane emehlweni akhe kwangathi inkwethu, wabona, wasukuma, wabhapathizwa;

[19]esedlile wathola amandla.

### USawulu ushumayela eDamaseku naseJerusalema

Wahlala nabafundi baseDamaseku izinsuku ezithile.

[20]Masinyane washumayela emasinagogeni ngoJesu ukuthi yena uyiNdodana kaNkulunkulu.

[21]Kepha bamangala bonke abezwayo, bathi: Lo asiye yini owachitha eJerusalema abakhuleka kulelo gama, nalapha uze ngalokhu ukuba abaqhube beboshiwe kubapristi abakhulu na?

[22] Kodwa uSawulu wakhula kakhulu emandleni, wahlula abaJuda abakhileyo eDamaseku eqinisa ukuthi lowo unguKristu.

[23] Sekudlule izinsuku eziningi, abaJuda benza icebo lokuba bambulale.

[24] Kepha icebo labo laziwa nguSawulu. Babemhlalela nasemasangweni imini nobusuku ukuba bambulale.

[25]Abafundi base bemthatha ebusuku, bamehlisa ogangeni, bemewula ngeqoma.

[26] Esefikile eJerusalema wazama ukuzihlanganisa nabafundi; kepha bonke bamesaba, bengakholwa ukuthi ungumfundi.

[27]Kodwa uBarnaba wamthatha, wamyisa kubaphostoli, wabalandisa ngokuthi uyibonile iNkosi endleleni, nokuthi ikhulumile kuye, nokuthi eDamaseku wayeshumayele ngesibindi ngegama likaJesu.

[28]Wayenabo eJerusalema, engena ephuma, eshumayela ngesibindi ngegama leNkosi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29ekhuluma ephikisana nabaJuda abakhuluma isiGreki; bona bazama ukumbulala.

30 Abazalwane sebekwazi lokho bamehlisela eKesariya, bamthumela eTarsu.

31Njalo-ke ibandla laba nokuthula kulo lonke laseJudiya, naseGalile, naseSamariya, lakheka, lihamba ekwesabeni iNkosi, landa ngenduduzo kaMoya oNgcwele.

### UPetru uphilisa u-Eneya

32Kwathi uPetru ehambela izindawo zonke, wehlela nakwabangcwele abakhe eLida.

33Wafumana khona umuntu othile ogama lakhe lingu-Eneya, owayeselele ecansini iminyaka eyisishiyagalombili efe uhlangothi.

34Khona uPetru wathi kuye: Eneya, uJesu Kristu uyakuphilisa; vuka, wendlule icansi lakho. Wayesevuka masinyane.

35Bambona bonke abakhe eLida naseSarona, baphendukela eNkosini.

### UPetru uvusa uThabitha kwabafileyo

36EJopha kwakukhona umfundikazi othile ogama lakhe linguThabitha, okungukuthi uDorka ngokuhunyushwa; yena wayenemisebenzi eminingi emihle nokwabela abampofu izipho.

37Kwathi ngalezo zinsuku wagula, wafa; sebemgezile bambeka ekamelweni eliphezulu.

38Kepha iLida laliseduze neJopha; ngakho-ke abafundi sebezwile ukuthi uPetru ukhona lapho, bathuma kuye amadoda amabili emncenga ethi: Ungalibali ukuza kithi.

39Wayesesuka uPetru, wahamba nabo. Esefikile, bamyisa ekamelweni eliphezulu; abafelokazi bonke beza kuye bekhala, bembonisa izambatho nezingubo abezenzile uDorka esenabo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

40Kepha uPetru wabakhipha bonke, waguqa ngamadolo, wakhuleka, waphendukela esidunjini, wathi: Thabitha, vuka! Wayesevula amehlo akhe, wabona uPetru, walulama.

41Yena wambamba ngesandla, wamsukumisa. Wayesebiza abangcwele nabafelokazi, wambeka phambi kwabo ephilile.

42Kwezwakala lokho kulo lonke iJopha; abaningi bakholwa yiNkosi.

43Wayesehlala izinsuku eziningi eJopha kwaSimoni umshuki.

## IzEnzo 10

### Umbono haKorneliyu

1Kwakukhona eKesariya indoda ethile egama layo linguKorneliyu, eyinduna yekhulu yebutho elithiwa elase-Italiya;

2wayengumuntu okholwayo nowesaba uNkulunkulu kanye nendlu yakhe yonke, abela abantu abampofu izipho eziningi, ekhuleka kuNkulunkulu njalonjalo.

3Wabona ngokusobala embonweni ingelosi kaNkulunkulu ingena kuye kungathi ngehora lesishiyagalolunye lemini, ithi: Korneliyu!

4Wayigqolozela enokwesaba, wathi: Kwenze njani, Nkosi? Yathi kuye: Imikhuleko yakho nokwabela kwakho abampofu izipho kwenyukile kwaba yisikhumbuzo emehlweni kaNkulunkulu.

5Thuma-ke amadoda eJopha, ubize uSimoni othile othiwa uPetru;

6 yena ungenisile kwaSimoni othile, umshuki, ondlu yakhe ingaselwandle.

7Isimukile ingelosi ebikhuluma naye, wabiza ababili bendlu yakhe nebutho elikholwayo kulawo ayehlala naye njalo,

8wabalandisa konke, wabathumela eJopha.

### UPetru wehlelwa yisiyezi

9Ngangomuso besahamba labo, sebesondela emzini, uPetru wenyukela phezu kwendlu ukuyokhuleka ngehora lesithupha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Khona walamba kakhulu, wafuna ukudla; kepha besamlungisela wehlelwa
yisiyezi,

11wabona izulu livulekile nesitsha esithile sehla sinjengendwangu enkulu,
sehliselwa emhlabeni ngamachopho amane.

12Kusona kwakukhona zonke izilwane ezinezinyawo ezine, nezinwabuzelayo
zomhlaba, nezinyoni zezulu.

13Kwavela izwi, lathi kuye: Vuka, Petru; hlaba, udle.

14 Kepha uPetru wathi: Qha, Nkosi, ngokuba angizange ngikudle okuyichilo
nokungcolileyo.

15 Izwi laphinda lasho kuye ngokwesibili, lathi: Lokho akuhlambululile
uNkulunkulu, ungasho wena ukuthi kubi.

16Lokho kwaphindwa kathathu; isitsha senyuselwa masinyane ezulwini.

17UPetru esasambathekile ngokuthi ngakube uyini lowo mbono awubonileyo,
bheka, amadoda ayethunyiwe nguKorneliyu, esebuzile indlu kaSimoni, ema
ngasesangweni,

18amemeza ebuza ukuthi uSimoni othiwa uPetru ungenisile yini lapho.

19UPetru esazindla ngombono, uMoya wathi kuye: Bheka, amadoda amabili
ayakufuna;

20sukuma-ke, wehle, uhambe nabo, ungangabazi ngalutho, ngokuba yimina
engibathumileyo.

### Ukufika kukaPetru endlini kaKorneliyu

21UPetru wayesehlela kuwo amadoda, wathi: Bhekani, yimina enimfunayo;
kuyindabani enize ngayo na?

22Bathi: UKorneliyu induna yekhulu, indoda elungileyo nemesabayo
uNkulunkulu, efakazelwa kahle esizweni sonke sabaJuda, uyaliwe yingelosi
engcwele ukuba akubizele endlini yakhe, ezwe amazwi kuwe.

23Wayesebabiza, wabangenisa. Ngangomuso wasuka wahamba nabo, abathile
babazalwane baseJopha bamphelekezela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Ngangomuso bangena eKesariya. UKorneliyu wayebalindele esebizile
izihlobo nabangane bakhe abakhulu.

25Kwathi ukuba angene uPetru, uKorneliyu wamhlangabeza, wawa phansi
ngasezinyaweni zakhe, wakhuleka.

26 Kepha uPetru wamvusa wathi: Sukuma, nami ngingumuntu nje.

27Esakhuluma naye wangena, wafumana abaningi ababebuthene.

28Wayesethi: Niyazi ukuthi akuvunyelwe ukuba umuntu ongumJuda
ahlangane, ahambelane nowesinye isizwe; kepha uNkulunkulu
ungitshengisile ukuba ngingasho nangoyedwa ukuthi unechilo nokuthi
ungcolile.

29Ngakho lokhu ngibiziwe, ngizile ngingalanga. Ngakho-ke sengiyabuza
ukuthi ningibizeleni na?

30UKorneliyu wathi: Ngezinsuku ezine ezidlule ngaleli hora bengenza
umkhuleko wehora lesishiyagalolunye endlini yami; bheka, indoda
eyembethe ingubo ekhazimulayo yema phambi kwami,

31yathi: Korneliyu, kuzwakele ukukhuleka kwakho, nokwabela kwakho
abampofu izipho kukhunjuliwe phambi kukaNkulunkulu.

32Ngakho thumela eJopha, ubize uSimoni othiwa uPetru; yena ungenisile
endlini kaSimoni umshuki ngaselwandle.

33Ngase ngithumela kuwe ngaso leso sikhathi; wenze kahle ufike. Manje
sesikhona sonke phambi kukaNkulunkulu ukuba sizwe konke okuyalelwe
yiNkosi.

**Intshumayelo kaPetru**

34 Khona uPetru wavula umlomo, wathi: Nembala ngiyabona ukuthi
uNkulunkulu akabheki ubuso bamuntu,

35 kodwa ezizweni zonke omesabayo nowenza ukulunga uyamukeleka kuye.

36 Walithumela izwi kubantwana bakwa-Israyeli, eshumayela ivangeli
lokuthula ngaye uJesu Kristu; yena uyiNkosi yabo bonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

37 Niyalazi izwi elamenyezelwa eJudiya lonke, liqalile eGalile, emva kokubhapathiza akushumayelayo uJohane

38 lokuthi: UNkulunkulu wamgcoba uJesu waseNazaretha ngoMoya oNgcwele nangamandla, owahamba enza umusa, ephulukisa bonke ababesemandleni kaSathane, ngokuba uNkulunkulu wayenaye.

39 Nathi singofakazi bezinto zonke azenzayo ezweni labaJuda naseJerusalema yena abambulalayo bemphanyeka emthini.

40Lowo uNkulunkulu wamvusa ngosuku lwesithathu, wamnika ukuba abonakale,

41 kungekubantu bonke kodwa kithina esingofakazi ababekhethwe nguNkulunkulu ngaphambili, esasidla siphuza naye emva kokuvuka kwakhe kwabafileyo.

42 Wasiyala ukuba sishumayele kubantu, sifakaze ukuthi: Nguye omiswe nguNkulunkulu ukuba abe nguMahluleli wabaphilayo nabafileyo.

43 Ngaye bonke abaprofethi bafakaza ukuthi ngegama lakhe bonke abakholwa nguye bayakwamukela ukuthethelelwa kwezono.

**Ukubhapathizwa kukaKorneliyu nabendlu yakhe**

44Kwathi uPetru esakhuluma lawo mazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo bonke ababelizwa izwi.

45Abokusoka abakholwayo ababefikile noPetru bamangala kakhulu, ngokuba isipho sikaMoya oNgcwele sitheliwe naphezu kwabezizwe.

46 Ngokuba babezwa bekhuluma ngezilimi, betusa uNkulunkulu. Khona uPetru waphendula wathi:

47 Ukhona yini ongala namanzi ukuba bangabhapathizwa laba abamukela uMoya oNgcwele njengathi na?

48Wayeseyala ukuba babhapathizwe egameni leNkosi. Base bemncenga ukuba ahlale izinsuku ezithile.

## IzEnzo 11

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### UPetru ulandisa eJerusalema indaba kaKorneliyu

1Kepha abaphostoli nabazalwane abaseJudiya bezwa ukuthi nabezizwe balamukele izwi likaNkulunkulu.

2Kwathi ukuba uPetru enyukele eJerusalema, abokusoka baphikisana naye,

3bathi: Ungene kubantu abangasokile, wadla nabo.

4Kepha uPetru wabathathela konke ngokulandelana, wathi:

5 Mina bengisemzini waseJopha ngikhuleka; ngehlelwa yisiyezi, ngabona umbono, kwehla isitsha esithile sinjengendwangu enkulu, yehliswa ezulwini ngamachopho amane, yaze yafika kimi.

6Kwathi ukuba ngiyigqolozele, ngabhekisisa, ngabona izilwane zomhlaba ezinezinyawo ezine, nezilo zasendle, nezinwabuzelayo, nezinyoni zezulu.

7Ngezwa izwi lithi kimi: Sukuma, Petru; hlaba, udle.

8 Kepha ngathi: Qha, Nkosi, ngokuba okuyichilo nokungcolileyo akuzange kungene emlonyeni wami.

9 Khona izwi elivela ezulwini laphendula ngokwesibili, lathi: Lokho akuhlambululileyo uNkulunkulu, ungasho wena ukuthi kuyichilo.

10Lokho-ke kwenzeka kathathu, konke kwabuye kwenyuselwa ezulwini.

11 Bhekani, ngaso leso sikhathi kwase kumi amadoda amathathu phambi kwendlu esasikuyo; ayethunyelwe kimi, evela eKesariya.

12UMoya wayesethi kimi angihambe nabo ngingangabazi ngalutho. Bangiphelekezela labo bazalwane abayisithupha, saya sangena endlini yaleyo ndoda.

13Yasibikela-ke ukuthi yayibonile ingelosi imi endlini yayo, ithi: Thumela eJopha, ulande uSimoni othiwa uPetru

14ozakukhuluma kuwe amazwi ozakusindiswa ngawo, wena nendlu yakho yonke.

15 Ngathi ngisaqala ukukhuluma, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo njengakithi ekuqaleni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Ngalikhumbula-ke izwi leNkosi, njengalokho yathi: UJohane wabhapathiza ngamanzi, kodwa nina nizakubhapathizwa ngoMoya oNgcwele.

17 Ngakho uma uNkulunkulu ebanikile bona isipho njengathi esakholwa yiNkosi uJesu Kristu, ngingubani mina ukuba ngivimbele uNkulunkulu na?

18 Bathi ukuzwa lokho, bathula, badumisa uNkulunkulu, bathi: Kanti uNkulunkulu unike nabezizwe ukuphendukela ekuphileni.

### Amakholwa ase-Antiyokiya athiwa amaKristu

19 Kepha labo ababehlakazekile ngokuhlupheka okwaqala ngoStefanu bahamba, baze bafika eFenike, naseKhupro, nase-Antiyokiya, bengalikhulumi izwi koyedwa, kubaJuda kuphela.

20 Kodwa kwakukhona abanye kubo, amadoda aseKhupro naseKhurene, abathi befika e-Antiyokiya, bakhuluma nakumaGreki, beshumayela ivangeli ngeNkosi uJesu.

21 Isandla seNkosi sasinabo; kwakholwa abaningi kakhulu, baphendukela eNkosini.

22 Kepha kwezwakala izwi ngabo ezindlebeni zebandla laseJerusalema; lase lithuma uBarnaba ukuba ahambe afike e-Antiyokiya;

23 wathi ukuba afike, abone umusa kaNkulunkulu, wathokoza, wabayala bonke ukuba banamathele eNkosini ngokuzimisela inhliziyo.

24 Ngokuba wayeyindoda enhle, egcwele uMoya oNgcwele nokukholwa; kwenezelwa eNkosini abantu abaningi.

25 UBarnaba wayeseya eTarsu ukuba afune uSawulu;

26 kwathi esemfumene, wamyisa e-Antiyokiya. Kwase kwenzeka ukuba umnyaka wonke bahlangane ebandleni, befundisa abantu abaningi. Kwaqala e-Antiyokiya ukuba abafundi bathiwe amaKristu.

### AmaKristu athumela izipho kubazalwane baseJudiya

27 Ngalezo zinsuku kwehlela e-Antiyokiya abaprofethi bevela eJerusalema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28 Kwasukuma omunye kubo ogama lakhe lingu-Agabu, wakhomba ngoMoya ukuthi kuzakuba khona indlala enzima ezweni lonke; yaba khona emihleni kaKlawudiyu.

29 Abafundi base bezimisela ukuba yilowo nalowo kubo athumele njengamandla akhe okokusiza abazalwane abakhe eJudiya.

30 Bakwenza-ke, bakuthumela emalungeni ngesandla sikaBarnaba noSawulu.

## IzEnzo 12

### Ukuzingelwa kwabebandla, nokubulawa kukaJakobe, nokuboshwa nokukhululwa kukaPetru

1Ngaleso sikhathi uHerode inkosi welula izandla ukuba ahluphe abathile bebandla.

2Wabulala uJakobe umfowabo kaJohane ngenkemba.

3Esebonile ukuthi lokhu kuyabathokozisa abaJuda, waqhubeka wambamba noPetru. Kwakuyizinsuku zezinkwa ezingenamvubelo.

4Wambamba, wamfaka etilongweni, wamnikela emaviyweni amane, yilelo nalelo linamabutho amane, ukuba amlinde, ehlose ukumkhuphulela ebantwini emva kwePhasika.

5 Ngakho-ke uPetru wagcinwa etilongweni; kepha ibandla lamkhulekela ngesineke kuNkulunkulu.

6Kwathi mhla uHerode ebezakumphumisa, ngalobo busuku uPetru wayelele phakathi kwamabutho amabili, eboshiwe ngamaketanga amabili, nabalindi phambi komnyango begcina itilongo.

7 Bheka, yafika ingelosi yeNkosi, kwakhanya ukukhanya etilongweni, yamshaya uPetru ohlangothini, yamvusa ithi: Shesha usukume. Ayesewa amaketanga ezandleni zakhe.

8Ingelosi yathi kuye: Gqoka, ufake izicathulo zakho. Wenze njalo. Yathi kuye: Yembatha ingubo yakho, ungilandele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society of south africa

9Waphuma, wayilandela; wayengazi ukuthi kuyiqiniso okwenziwa yingelosi, kodwa wayethi ubona umbono.

10 Sebedlulile kubalindi bokuqala nabesibili bafika esangweni lensimbi eliya emzini, labavulekela ngokwalo, baphuma, badlula isitaladi saba sinye; ingelosi yayisimshiya masinyane.

11UPetru esesangulukile wathi: Manje sengiyazi ngeqiniso ukuthi iNkosi ithumile ingelosi yayo, yangikhulula esandleni sikaHerode nakukho konke okubhekwe yisizwe sabaJuda.

12 Sekumkhanyele lokho, wafika endlini kaMariya unina kaJohane othiwa uMarku, lapho bebebuthene khona abaningi bekhuleka.

13Esengqongqotha esivalweni sesango, yeza intombazana ukusabela, egama layo linguRoda;

14isilizwile izwi likaPetru ayivulanga esangweni ngenxa yokuthokoza, kepha yagijima yabika ukuthi uPetru umi ngasesangweni.

15Kodwa bathi kuyo: Uyahlanya. Yona yaqinisa yathi: Hhayi, kunjalo. Bona bathi: Yingelosi yakhe.

16Kepha uPetru waqinisa wangqongqotha; sebevulile babona ukuthi nguye, bamangala.

17Wayesebaqhweba ngesandla ukuba bathule, wabalandisa ukuthi iNkosi imkhiphe kanjani etilongweni, wathi: Bikelani uJakobe nabazalwane lokhu. Wayesephuma, waya kwenye indawo.

18Sekusile, kwaba khona ukunyakaza okukhulu phakathi kwamabutho kokuthi uPetru wehlelwe yini.

19UHerode esemfunile engamfumananga, wabuzisisa abalindi, wayala ukuba babulawe. Wayesehla eJudiya, waya eKesariya, wahlala khona.

**Ukufa kukaHerode**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Kepha wayebathukuthelele abaseTire nabaseSidoni; kodwa beza kuye
nganhliziyonye; sebemvumisile uBlastu induna yendlu yenkosi, bacela
ukuthula, ngokuba izwe lakubo lalifunzwa ngelenkosi.

21 Ngosuku olumisiweyo uHerode wembatha ingubo yobukhosi, wahlala
esihlalweni, wakhuluma kubantu.

22 Abantu bamemeza bathi: Yizwi likaNkulunkulu, akusilo elomuntu.

23 Kepha ingelosi yeNkosi yamshaya khona lapho, ngokuba enganikanga
uNkulunkulu udumo; wadliwa yizimpethu, wafa.

24 Kodwa izwi likaNkulunkulu lakhula, landa.

25 Kepha oBarnaba noSawulu babuya eJerusalema sebeqede ukukhonza
kwabo, behamba benoJohane othiwa uMarku.

## IzEnzo 13

### Uhambo lokuqala lukaPawulu: ukubusiswa nokuthunywa kwakhe

1 Kwakukhona e-Antiyokiya ebandleni lakhona abaprofethi nabafundisi:
oBarnaba, noSimeyoni othiwa uNigeri, noLukiyu waseKhurene, noManayeni
owayondliwe kanye noHerode umtetrarki, noSawulu.

2 Kwathi bekhonza iNkosi, bezila, uMoya oNgcwele wathi: Ngahlukaniseleni
oBarnaba noSawulu ukuba baye emsebenzini engibabizele wona.

3 Khona bazila ukudla bakhuleka, babeka izandla phezu kwabo, babamukisa.

### Ukushumayela kukaPawulu eKhupro

4 Bona-ke bethunyiwe nguMoya oNgcwele behlela eSelukiya; basuka lapho,
baya eKhupro ngomkhumbi.

5 Ekufikeni kwabo eSalami bashumayela izwi likaNkulunkulu emasinagogeni
abaJuda; babe noJohane eyisikhonzi sabo.

6 Sebedabule isiqhingi sonke, baze bafika ePhafu, bafumana indoda ethile
eyisanusi nomprofethi wamanga, umJuda, ogama lakhe linguBarjesu,

7 owayekhona kumbusi wezwe uSergiyu Pawulu, umuntu onengqondo enhle.
Yena wabiza oBarnaba noSawulu, wafuna ukuzwa izwi likaNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Kodwa u-Eluma, isanusi, ngokuba linjalo igama lakhe ngokuhunyushwa, wamelana nabo, wafuna ukuphambukisa umbusi ekukholweni.

9Kepha uSawulu osethiwa uPawulu, egcwele uMoya oNgcwele wamgqolozela,

10 wathi: O wena ogcwele inkohliso yonke nobubi bonke, ndodana kaSathane, sitha sokulunga konke, awuyikuyeka ukuziphambukisa izindlela eziqondileyo zeNkosi na?

11Bheka, isandla seNkosi siphezu kwakho manje. Uzakuba yimpumputhe, kube yisikhathi ungaliboni ilanga. Kwase kumfikela khona lapho ukufiphala nobumnyama, wahamba efuna abazakumhola ngesandla.

12Khona umbusi esebona okwenzekileyo wakholwa, emangaliswa ngesifundiso seNkosi.

### UPawulu ushumayela e-Antiyokiya lasePhisidiya

13 UPawulu nababe naye bamuka ePhafu ngomkhumbi, bafika ePherge lasePhamfiliya; kepha uJohane wahlukana nabo, wabuyela eJerusalema.

14Bona ekumukeni kwabo ePherge baya e-Antiyokiya lasePhisidiya, bangena esinagogeni ngosuku lwesabatha, bahlala phansi.

15 Sekufundiwe umthetho nabaprofethi, abaphathi besinagoge bathumela kubo, bathi: Madoda, bazalwane, uma ninezwi lokuyala abantu, khulumani.

16Wayesesukuma uPawulu, waqhweba ngesandla, wathi: Madoda akwa-Israyeli, nani enesaba uNkulunkulu, lalelani:

17 UNkulunkulu walesi sizwe sakwa-Israyeli wabakhetha obaba, wabaphakamisa abantu bengabafokazi ezweni laseGibithe; wabakhipha kulo ngengalo ephakemeyo.

18 Wababekezelela ehlane kungathi iminyaka engamashumi amane.

19 Wachitha izizwe eziyisikhombisa ezweni laseKhanani, wababela izwe lazo libe yifa;

20kwadlula kungathi iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisihlanu. Emva kwalokho wabanika abahluleli kwaze kwaba nguSamuweli umprofethi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Kusukela lapho bacela inkosi; uNkulunkulu wabanika uSawule indodana
kaKisi, umuntu wesizwe sakwaBenjamini, iminyaka engamashumi amane.

22Esemkhiphile wabavusela uDavide abe yinkosi, afakaza ngaye ukuthi:
Ngimfumene uDavide kaJesayi, umuntu ongowenhliziyo yami, oyakwenza
konke engikuthandayo.

23 Enzalweni yakhe uNkulunkulu walethela u-Israyeli uMsindisi uJesu
njengokwethembisa kwakhe;

24 engakafiki yena uJohane wayeseshumayele kuso sonke isizwe sakwa-
Israyeli umbhapathizo wokuphenduka.

25 Esegcina ukuhamba kwakhe uJohane wathi: Lokhu enithi ngiyikho
angisikho mina. Kodwa bhekani, uyeza emva kwami engingafanele
ukukhumula isicathulo sezinyawo zakhe.

26 Madoda, bazalwane, madodana ohlanga luka-Abrahama, nabaphakathi
kwenu abamesabayo uNkulunkulu, izwi lale nsindiso lithunyelwe kithi.

27 Ngokuba abakhileyo eJerusalema nababusi babo abamazanga yena,
namazwi abaprofethi afundwa amasabatha ngamasabatha bawagcwalisa
ngokumlahla;

28 nakuba bengafumananga icala lokufa kuye, nokho bacela kuPilatu ukuba
abulawe.

29Kwathi sebefeze konke okwakulotshiwe ngaye, bamehlisa emthini, bambeka
ethuneni.

30 Kepha uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo.

31Wabonwa izinsuku eziningi yibo ababekhuphukele naye eJerusalema bevela
eGalile, asebengofakazi bakhe kubantu manje.

32 Nathi sinishumayeza ivangeli lesithembiso esenziwa kobaba

33ukuthi uNkulunkulu usigcwalisile sona kubantwana bethu ngokumvusa
uJesu, njengokuba kulotshiwe futhi kulo ihubo lesibili ukuthi: Wena
uyiNdodana yami, namuhla ngikuzele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34 Maqondana nokumvusa kwakhe kwabafileyo ukuba engasayikubuyela ekuboleni wakhuluma kanje, wathi: Ngizakuninika okungcwele nokuthembekileyo kukaDavide.

35 Ngakho nakwenye indawo uthi: Awuyikunika oNgcwele wakho abone ukubola.

36 Ngokuba uDavide esekhonzile icebo likaNkulunkulu esizukulwaneni sakhe, walala ubuthongo, wabekwa koyise, wabona ukubola.

37Kepha yena amvusayo uNkulunkulu akakubonanga ukubola.

38 Ngakho-ke makwazeke kini madoda, bazalwane, ukuthi ngalowo kumenyezelwa kini ukuthethelelwa kwezono, nakukho konke ebeningenakulungisiswa kukho ngomthetho kaMose

39 yilowo nalowo okholwayo uyakulungisiswa ngaye.

40Ngakho qaphelani, funa nehlelwe ngokwakhulunywa ngabaprofethi ukuthi:

41 Bhekani nina zideleli, nimangale, ninyamalale, ngokuba mina ngisebenza umsebenzi emihleni yenu, umsebenzi eningayikukholwa yiwo, nakuba umuntu enilandisa ngawo.

### Izwi lamukelwa ngabezizwe, liphikwa ngabaJuda

42Kwathi ekuphumeni kwabo, babacela ukuba lawo mazwi akhulunywe kubo nangesabatha elizayo.

43 Khona sebehlakazekile abesinagoge, abaningi babaJuda namaproselite aqotho balandela oPawulu noBarnaba abakhuluma nabo, bebancenga ukuba bahlale emseni kaNkulunkulu.

44Ngesabatha elilandelayo kwabuthana kucishe umuzi wonke ukuzwa izwi likaNkulunkulu.

45 Kepha abaJuda bebona izixuku bagcwala umhawu, bakuphika okwakukhulunywa nguPawulu behlambalaza.

46 Khona oPawulu noBarnaba bakhuluma ngesibindi, bathi: Bekudingeka ukuba izwi likaNkulunkulu likhulunywe kini kuqala; kepha lokhu nilinqaba,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

nizisho nina nithi anifanele ukuphila okuphakade, bhekani, sesiphendukela kwabezizwe.

47 Ngokuba iNkosi isiyalezile kanjalo ukuthi: Ngikubekile ube ngukukhanya kwabezizwe, ube yinsindiso kuze kube semkhawulweni womhlaba.

48 Kwathi abezizwe bekuzwa lokho, bathokoza, balidumisa izwi leNkosi; bakholwa bonke ababemiselwe ukuphila okuphakade.

49 Izwi leNkosi lahanjiswa kulo izwe lonke.

50 Kepha abaJuda bavusa abesifazane abaqotho abanesithunzi nezikhulu zomuzi, bavusela oPawulu noBarnaba ukuzingelwa, babaxosha emikhawulweni yabo.

51 Bona-ke babavuthululela uthuli lwezinyawo zabo, beza e-Ikoniyu.

52 Abafundi bagcwala intokozo noMoya oNgcwele.

## IzEnzo 14

### Uhambo lokuqala lukaPawulu: ushumayela e-Ikoniyu

1 Kwathi e-Ikoniyu bangena kanyekanye esinagogeni labaJuda, bakhuluma kwaze kwakholwa isixuku esikhulu sabaJuda namaGreki.

2 Kepha abaJuda abangakholwanga bavusa abezizwe, babenza nhliziyombi ngakubazalwane.

3 Nokho bahlala isikhathi eside, befundisa ngesibindi ngeNkosi eyafakazela izwi lomusa wayo, ibanika ukuba kwenziwe izibonakaliso nezimangaliso ngezandla zabo.

4 Kepha isixuku somuzi sahlukana phakathi, abanye baba ngakubaJuda nabanye ngakubaphostoli.

5 Kwathi ukuba basukelwe yisidumo sabezizwe nabaJuda kanye nababusi babo sokubaphatha kabi nokubakhanda ngamatshe,

6 bathi sebekwazi lokho, babalekela emizini yaseLikawoniya, iListra neDerbe, nasezweni langakhona,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7bashumayela khona ivangeli.

### UPawulu ushumayela eListra

8 EListra kwakuhlezi indoda ethile eyisilima ngezinyawo, eyisishosha selokhu yazalwa ngunina, engazange ihambe.

9 Yona yamuzwa uPawulu ekhuluma. Yena eyigqolozela wabona ukuthi inokukholwa kokuba iphiliswe,

10wathi ngezwi elikhulu: Sukuma, ume ngezinyawo zakho. Yayisigxuma, yahamba.

11 Kwathi-ke izixuku zikubona lokho akwenzile uPawulu, zaphakamisa izwi lazo, zathi ngesiLikawoniya: Onkulunkulu befana nabantu behlele kithi.

12UBarnaba bambiza ngokuthi uJupitheri, uPawulu ngokuthi uMerkuriyu, ngokuba kwakunguye owayehola ekukhulumeni.

13Kepha umpristi kaJupitheri othempeli lakhe liphambi komuzi waletha izinkunzi nemigexo yezimbali ngasemasangweni, wafuna ukubahlabela ekanye nezixuku.

14Kwathi ukuba bakuzwe lokho abaphostoli oBarnaba noPawulu, baklebhula izingubo zabo, baphonseka phakathi kwesixuku bememeza

15 bethi: Madoda, nikwenzelani lokhu na? Nathi singabantu abanjengani ngemvelo, sinishumayeza ivangeli ukuba niphenduke kulokho okuyize, niphendukele kuNkulunkulu ophilayo owenza izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho,

16 othe ngezizukulwane ezidlulileyo wayeka izizwe zonke zihambe ngezindlela zazo.

17 Nokho akayekanga ukuzifakazela ngokwenza okuhle, waninika imvula yasezulwini nezikhathi zenala, egcwalisa izinhliziyo zenu ngokuhle nangokujabula.

18Bekusho lokho, baziyekisa kalukhuni izixuku ukuba zingabahlabeli.

### UPawulu ushumayela e-Antiyokiya

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[19] Kodwa kwafika abaJuda, bevela e-Antiyokiya nase-Ikoniyu; sebezivumisile izixuku bamkhanda uPawulu ngamatshe, bamhudulela ngaphandle komuzi bethi usefile.

[20]Kepha kwathi abafundi bembunganyele, wavuka, wangena emzini. Ngangomuso wamuka noBarnaba, baya eDerbe.

[21]Sebelishumayele ivangeli kulowo muzi, bezuzile abafundi abaningi, babuyela eListra, nase-Ikoniyu, nase-Antiyokiya,

[22] baqinisa imiphefumulo yabafundi bebaluleka ukuba beme ekukholweni, bethi: Simelwe ukungena embusweni kaNkulunkulu ngezinhlupheko eziningi.

[23] Sebebakhethele amalunga amabandla ngamabandla, bakhuleka bezila ukudla, babanikela eNkosini asebekholwa yiyo.

[24] Base bedabula iPhisidiya, baya ePhamfiliya.

[25]Sebekhulumile izwi ePherge, behlela e-Ataliya.

[26] Basuka lapho ngomkhumbi, baya e-Antiyokiya, lapho babenikelwe khona emseni kaNkulunkulu kulowo msebenzi asebewufezile.

[27]Kwathi ukuba bafike, balibutha ibandla, balanda ngakho konke uNkulunkulu akwenzile ngabo nokuthi uvulele nabezizwe isango lokukholwa.

[28]Base behlala nabafundi isikhathi esingesincane.

## IzEnzo 15

### Umhlangano wabaphostoli eJerusalema ngomthetho kaMose

[1] Kwehla abathile eJudiya, bafundisa abazalwane ukuthi: Uma ningasokwa ngomthetho kaMose, ningesindiswe.

[2] Kuthe ukuba kuvele ukuphambana nokuphikisana okukhulu phakathi kwabo noPawulu noBarnaba, banquma ukuba oPawulu noBarnaba nabathile kubo bakhuphukele eJerusalema kubaphostoli namalunga ngaleyo ndaba.

[3]Ngalokho bephelekezelwe yibandla badabula iFenike neSamariya, balandisa ukuphenduka kwabezizwe, benzela bonke abazalwane intokozo enkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Sebefikile eJerusalema bamukelwa yibandla nabaphostoli namalunga, bakubika konke uNkulunkulu abekwenzile ngabo.

5Kepha kwasukuma abathile behlelo labaFarisi abakholwayo, bathi kumelwe ukuba basokwe, bayalwe ukugcina umthetho kaMose.

6Base bebuthana abaphostoli namalunga, ukuze bayihlole leyo ndaba.

7 Sebephikisene kakhulu, wasukuma uPetru, wathi kubo: Madoda, bazalwane, niyazi ukuthi sekukade uNkulunkulu wakhetha phakathi kwenu ukuba abezizwe bezwe izwi levangeli ngomlomo wami, bakholwe.

8UNkulunkulu owazi inhliziyo wabafakazela, ebapha uMoya oNgcwele njengathi;

9 futhi akahlukanisanga ngalutho phakathi kwethu nabo, ehlambulula izinhliziyo zabo ngokukholwa.

10 Manje-ke nimlingelani uNkulunkulu ngokubeka ijoka entanyeni yabafundi, obaba nathi esasingenamandla okulithwala na?

11 Kepha siyakholwa ukuthi sisindiswa ngomusa weNkosi uJesu ngandlelanye nabo.

12 Isixuku sonke sathula; babelalela oBarnaba noPawulu belanda ngezibonakaliso nangezimangaliso zonke uNkulunkulu abezenzile ngabo phakathi kwabezizwe.

13Kepha sebethulile, uJakobe wathatha wathi: Madoda, bazalwane, ngilaleleni.

14USimeyoni uselandile ngokuhlela kukaNkulunkulu ekuqaleni ukuba athathele igama lakhe isizwe kubo abezizwe.

15Namazwi abaprofethi ayavumelana nalokho, njengalokho kulotshiwe ukuthi:

16 Emva kwalokho ngiyakubuya, ngiyakhe futhi indlu kaDavide ewileyo, ngibuye ngakhe okudilikileyo kwayo, ngiyimise,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17ukuze abaseleyo babantu kanye nabezizwe bonke bayifune iNkosi, elibizwe phezu kwabo igama lami, isho iNkosi ekwenza lokhu,

18okwaziwa kwaphakade.

19 Ngakho mina ngithi masingabakhathazi labo kwabezizwe abaphendukela kuNkulunkulu,

20 kodwa masibalobele ukuba bayeke amanyala ezithombe, nawobufebe, nawokuqumbeleneyo, nawegazi.

21Ngokuba uMose unabo abashumayelayo emizini yonke kwasezizukulwaneni zasendulo efundwa emasinagogeni amasabatha ngamasabatha.

22Khona kwaba kuhle kubaphostoli namalunga nakulo ibandla lonke ukuthumela e-Antiyokiya noPawulu noBarnaba amadoda akhethiweyo phakathi kwabo, uJuda othiwa uBarsaba noSila, amadoda angabaholi phakathi kwabazalwane,

23baloba ngesandla sabo ngokuthi: Abaphostoli namalunga, abazalwane, bayabingelela abazalwane abavela kwabezizwe abase-Antiyokiya, nabaseSiriya, nabaseKhilikhiya.

24 Njengalokho sizwile ukuthi abanye abavela kithi banikhathazile ngamazwi, benyakazisa imiphefumulo esingabayalelanga khona,

25kwaba kuhle kithi sesinhliziyonye ukuthuma kini amadoda akhethiweyo kanye nabathandiweyo bethu oBarnaba noPawulu,

26abantu abadele ukuphila kwabo ngenxa yegama leNkosi yethu uJesu Kristu.

27Ngalokho sithumile oJuda noSila abazakunitshela lezo zinto ngomlomo.

28 Ngokuba kwaba kuhle kuMoya oNgcwele nakithi ukuba singanithwesi umthwalo omkhulu ngaphandle kwalezi zinto ezifunekayo

29zokuthi niyeke okuhlatshelwe izithombe, negazi, nokuqumbeleneyo, nobufebe; uma nizilinda kulezo zinto, noba nenza kahle. Salani kahle.

30Ngakho sebemukisiwe behlela e-Antiyokiya, balibutha ibandla, balinika incwadi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

31 Sebeyifundile bathokoza ngenduduzo yayo.

32 OJuda noSila, njengokuba nabo bengabaprofethi, babaduduza abazalwane ngamazwi amaningi, babaqinisa.

33Sebehlale khona isikhathi, bamukiswa ngabazalwane ngokuthula, babuyela kubo ababathumileyo.

34Kepha kwaba kuhle kuSila ukuba asale khona.

35Kodwa oPawulu noBarnaba bahlala e-Antiyokiya, befundisa beshumayela izwi leNkosi kanye nabanye abaningi.

### Ukwahlukana kukaPawulu noBarnaba

36Emva kwezinsuku ezithile uPawulu wayesethi kuBarnaba: Ake sibuye, sihambele abazalwane emizini yonke ngaminye esashumayela kuyo izwi leNkosi, sibone ukuthi bahlezi kanjani.

37 UBarnaba wahlosa ukuhamba noJohane othiwa uMarku.

38Kepha uPawulu wathi akufanele ukuba bahambe naye owabashiya ePhamfiliya, akaze aya nabo emsebenzini.

39 Kwase kuvela ukuphikisana okukhulu, baze bahlukana; uBarnaba wathatha uMarku, wawelela eKhupro ngomkhumbi.

### Uhambo lwesibili lukaPawulu

40Kepha uPawulu wazikhethela uSila, wahamba enikelwe ngabazalwane emseni weNkosi.

41Wadabula iSiriya neKhilikhiya eqinisa amabandla.

## IzEnzo 16

### Uhambo lwesibili lukaPawulu: uPawulu ese-Asiya

1 Khona wehlela eDerbe naseListra. Bheka, kwakukhona lapho umfundi othile, nguThimothewu igama lakhe, indodana yowesifazane wakwaJuda okholiweyo, kepha uyise wayengumGreki,

2owayefakazelwa kahle ngabazalwane baseListra nabase-Ikoniyu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Lowo uPawulu wathanda ukuba ahambe naye, wamthatha, wamsoka ngenxa yabaJuda ababekhona kulezo zindawo; ngokuba bonke babemazi ukuthi uyise wayengumGreki.

4 Kwathi bedabula imizi, babanika izinqumo ezanqunywa ngabaphostoli namalunga aseJerusalema ukuba bazigcine.

5 Njalo-ke amabandla aqiniswa ekukholweni, anda ngobuningi imihla ngemihla.

6 Base bedabula izwe laseFrigiya nelaseGalathiya, benqatshelwe nguMoya oNgcwele ukulikhuluma izwi e-Asiya;

7sebefikile ngaseMisiya, balinga ukuya eBithiniya, kepha uMoya kaJesu akabavumelanga.

### UPawulu uwelela eMakedoniya

8Badlula eMisiya, behlela eTrowa.

9Kwabonakala kuPawulu umbono ebusuku; indoda ethile yaseMakedoniya eyayimi imncenga yathi: Welela eMakedoniya, usisize.

10Lapho esewubonile umbono, safuna masinyane ukuya eMakedoniya, sathi uNkulunkulu usibizile ukuba sibashumayeze ivangeli.

11Khona samuka eTrowa ngomkhumbi, saqonda eSamotrake, ngangomuso safika eNeyapholi.

### UPawulu ushumayela eFilipi; ukukholwa kukaLidiya

12Sisuka lapho saya eFilipi elingumuzi oyikhanda lesifunda saseMakedoniya, ikoloni. Kulowo muzi sahlala izinsuku ezithile.

13Ngosuku lwesabatha saphumela ngaphandle kwesango ngasemfuleni, lapho sathi babevama ukukhuleka khona; sahlala phansi, sakhuluma kubo abesifazane ababebuthene.

14Owesifazane othile ogama lakhe linguLidiya, engumthengisi wezibubende, wasemzini waseThiyathira, okhonza uNkulunkulu, walalela, iNkosi yayivula inhliziyo yakhe ukuba aqaphele okwakhulunywa nguPawulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[15]Kuthe esebhapathiziwe kanye nendlu yakhe, wasincenga wathi: Uma nithi ngikholekile eNkosini, ngenani endlini yami, nihlale khona, wasicindezela.

### UPawulu uyaboshwa

[16]Kwathi siya endaweni yokukhuleka, kwahlangana nathi intombazana enomoya wobungoma, eyayitholela abaniniyo inzuzo enkulu ngokubhula.

[17] Yona yamlandela uPawulu nathi, yamemeza yathi: Laba bantu bayizinceku zikaNkulunkulu oPhezukonke ezimemezela kini indlela yensindiso.

[18] Yakwenza lokho izinsuku eziningi. Kepha uPawulu esecasukile waphenduka, wathi kumoya: Ngiyakuyala egameni likaJesu Kristu ukuba uphume kuyo. Wayesephuma ngaso leso sikhathi.

[19]Kwathi abaniniyo sebebonile ukuthi ithemba lenzuzo yabo limukile, bababamba oPawulu noSila, babahudulela esigcawini phambi kwababusi,

[20] babayisa ezinduneni, bathi: Laba bantu banyakazisa umuzi wakithi bengabaJuda;

[21]bafundisa imikhuba esingavunyelwe ukuba siyamukele, siyenze thina esingamaRoma.

[22] Isixuku sase sibavukela, nezinduna zayala ukuba bahlutshulwe izingubo, bashaywe ngenduku;

[23]sezibashayile imivimbo eminingi, zabaphonsa etilongweni, zayala umgciniziboshwa ukuba abagcine impela;

[24]yena eyaliwe kanjalo wabaphonsa etilongweni elingaphakathi, wabopha izinyawo zabo ogongolweni.

### Ukuphenduka komgciniziboshwa

[25]Kepha phakathi kobusuku oPawulu noSila bekhuleka bamdumisa uNkulunkulu ngamahubo, iziboshwa zabezwa;

[26] kwavela ngokuzuma ukuzamazama komhlaba okukhulu, kwaze kwazanyazanyiswa izisekelo zetilongo; kwavuleka khona lapho iminyango yonke, kwathukuluka nezibopho zabo bonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

27Kwathi umgciniziboshwa ephaphama, wabona iminyango yetilongo ivulekile; wayesehosha inkemba efuna ukuzibulala, ngokuba wathi iziboshwa ziphunyukile.

28Kepha uPawulu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Ungazilimazi, ngokuba sikhona sonke.

29Wayesebiza izibani, wagijimela phakathi ethuthumela, wawa phansi phambi kukaPawulu noSila,

30 wabakhiphela ngaphandle, wathi: Makhosi, ngimelwe ukwenzani ukuba ngisindiswe na?

31 Bona bathi: Kholwa yiNkosi uJesu, yikhona uzakusindiswa wena nendlu yakho.

32Base bemshumayeza izwi likaNkulunkulu, yena nabo bonke ababesendlini yakhe.

33Wabathatha ngaso leso sikhathi sasebusuku, wabageza imivimbo, wabhapathizwa khona lapho, yena nabo bonke abakhe,

34 wabenyusela endlini, wababekela ukudla, wathokoza kanye nendlu yakhe yonke ngokukholwa nguNkulunkulu.

35Kepha sekusile, izinduna zathuma izikhonzi, zathi: Bakhulule labo bantu.

36Umgciniziboshwa wabikela uPawulu lawo mazwi, wathi: Izinduna zithumele ukuba nikhululwe. Ngakho phumani manje, nihambe ngokuthula.

37 Kepha uPawulu wathi kuzo: Basishayile phambi kwabantu singalahlwanga cala, thina singabantu abangamaRoma, basiphonsa etilongweni; manje basikhipha ngasese na? Qhabo, akuze bona, basikhiphe.

38Izikhonzi zabikela izinduna lawo mazwi. Zona zesaba sezizwa ukuthi bangamaRoma,

39zeza zabancenga; sezibakhiphile zabanxusa ukuba bamuke emzini.

40Base bephuma etilongweni, bangena kwaLidiya; kwathi sebebabonile abazalwane babaduduza, bamuka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## IzEnzo 17

### Uhambo lwesibili lukaPawulu: ushumayela eThesalonika

1 Kwathi sebedabulile i-Amfipholi ne-Apholoniya, bafika eThesalonika, lapho kwakukhona isinagoge labaJuda.

2 Kepha uPawulu njengokwenza kwakhe wangena kubo, waphendulana nabo amasabatha amathathu, ethathela emibhalweni,

3 ebavulela, ebachasisela ukuthi kwakumelwe ukuba uKristu ahlupheke, avuke kwabafileyo, ethi futhi: UJesu lo engimshumayela kini unguKristu.

4 Base bevuma abanye kubo, bazihlanganisa noPawulu noSila, futhi nesixuku esikhulu samaGreki akholwayo, kanye nabesifazane abadumileyo abangeyingcosana.

5 Kepha abaJuda benomhawu bathatha kumabhukudwane abalisa abathile ababi, besusa isiyaluyalu phakathi kwabantu, baxokozelisa umuzi; bahlasela indlu kaJasoni befuna ukubakhiphela kubantu;

6 kepha bengabafumani bamhudulela uJasoni kanye nabazalwane abathile kubaphathimuzi, bamemeza bathi: Laba abayaluzisa izwe lonke sebefikile nalapha,

7 uJasoni ubamukele; bonke laba benza okuphambene nezimiso zikaKesari, bethi kukhona enye inkosi, nguJesu.

8 Kepha bethusa isixuku nabaphathimuzi abezwa lokho,

9 bathatha isibambiso kuJasoni nakwabanye, babakhulula.

### UPawulu ushumayela eBereya

10 Kepha abazalwane bamukisa oPawulu noSila masinyane ebusuku ukuba baye eBereya; bona sebefikile khona bangena esinagogeni labaJuda.

11 Labo-ke babebahle kunabaseThesalonika, balamukela izwi ngenhliziyo yonke, bahlolisisa imibhalo imihla ngemihla ukuba zinjalo yini lezo zinto.

12 Ngakho abaningi kubo bakholwa, nabesifazane abanesithunzi abangamaGreki, namadoda angeyingcosana.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Kwathi abaJuda baseThesalonika sebezwile ukuthi izwi likaNkulunkulu limenyezelwe nguPawulu naseBereya, beza nakhona, bazinyakazisa bezivusa izixuku.

14 Khona abazalwane bamukisa masinyane uPawulu ukuba aze afike elwandle; kepha oSila noThimothewu basala khona.

15 Abamphelekezelayo uPawulu bamfikisa e-Athene; kwathi sebamukele isiyalezo ngoSila nangoThimothewu sokuba beze kuye ngokushesha okukhulu, bamuka.

### UPawulu ushumayela e-Athene

16 Kwathi uPawulu esabalinda e-Athene, umoya wakhe wacunuka phakathi kwakhe ebona umuzi ugcwele izithombe.

17 Ngakho-ke wakhuluma esinagogeni kubaJuda nakuwo amakholwa nasesigcawini imihla ngemihla kubo ababesuke bekhona.

18 Kepha abathile kuzo izazi zama-Epikhuru nezamaStoyiku baphikisana naye; abanye bathi: Leli phoshophosho lithini na? Abanye bathi: Kungathi ungomemezela onkulunkulu abangaziwayo, ngokuba wayeshumayela ivangeli ngoJesu nangokuvuka kwabafileyo.

19 Base bemthatha, bamyisa e-Areyophagu, bethi: Ungesazise ukuthi siyini lesi sifundiso esisha esikhulunywa nguwe na?

20 Ngokuba uletha ezindlebeni zethu okuthile okungaziwayo; ngalokho sifuna ukwazi ukuthi lokhu kungaba yini.

21 Ngokuba bonke abase-Athene nabafokazi abakhe khona babengazilibazisi ngokunye, kuphela ngokukhuluma nokuzwa izindaba ezintsha.

22 UPawulu wema-ke phakathi ne-Areyophagu, wathi: Madoda ase-Athene, ngiyabona ngakho konke ukuthi nikhonza kakhulu onkulunkulu.

23 Ngokuba kwathi ngihamba ngibuka izinto enizikhonzayo, ngafumana ne-altare okulotshwe kulo ukuthi: ELIKANKULUNKULU ONGAZIWAYO. Lokho-ke enikukhonza ningakwazi, yikho engikumemezela kini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

24 UNkulunkulu owenza umhlaba nakho konke okukuwo, yena oyiNkosi yezulu nomhlaba, akahlali emathempelini enziwe ngezandla;

25 futhi akakhonzwa ngezandla zabantu ngokungathi udinga utho, yena obapha bonke ukuphila nokuphefumula nakho konke;

26 wazenza izizwe zonke ngagazi linye ukuba zakhe ebusweni bonke bomhlaba, wamisa izikhathi ezinqunyiweyo nemikhawulo yokuhlala kwazo,

27ukuze zifune uNkulunkulu, ingabe zingamuzwa, zimfumane; ingani kakude kulowo nalowo kithi.

28 Ngokuba siphila, sihamba, sikhona kuye, njengalokho izimbongi ezithile zakini zishilo zathi: Ngokuba futhi siyinzalo yakhe.

29 Ngakho lokhu siyinzalo kaNkulunkulu, akufanele ukuba sithi ubuNkulunkulu bufana negolide noma isiliva noma itshe, okuqoshwe ngekhono nangesu lomuntu.

30 Ngokuba izikhathi zokungazi wazithalalisa uNkulunkulu, kodwa kalokhu usememezela kubantu ukuba bonke ezindaweni zonke baphenduke,

31 njengokuba umisile usuku azakwahlulela ngalo izwe ngokulunga ngomuntu ammisele lokho, enika bonke ithemba ngokumvusa kwabafileyo.

32 Kwathi bezwa ngokuvuka kwabafileyo, abanye bahleka usulu, kepha abanye bathi: Siyakuphinda sikuzwe ngaleyo ndaba.

33Kanjalo uPawulu waphuma phakathi kwabo.

34Kepha amadoda athile anamathela kuye, akholwa; phakathi kwawo kwakukhona noDiyonisiyu wase-Areyophagu, nowesifazane ogama lakhe linguDamari, nabanye kanye nabo.

## IzEnzo 18

### Ukugcina kohambo lwesibili lukaPawulu, eseKorinte nase-Efesu

1Emva kwalokho wamuka e-Athene, wafika eKorinte.

2 Wafumana khona umJuda othile ogama lakhe lingu-Akwila, wasePontu ngokuzalwa, owayesanda kufika ephuma e-Italiya, enoPrisila umkakhe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ngenxa yesimemezelo sikaKlawudiyu sokuba bonke abaJuda bamuke eRoma; weza kubo;

3 lokhu wayemsebenzi munye nabo, wahlala nabo, basebenza. Ngokuba umsebenzi wabo kwakungukuthunga amatende.

4 Washumayela esinagogeni ngamasabatha onke, wazuza abaJuda namaGreki.

5 Kepha sebefikile oSila noThimothewu behla eMakedoniya, uPawulu wakhathalela izwi, wafakaza kubaJuda ukuthi uJesu unguKristu.

6 Kwathi benqaba, behlambalaza, wathintitha izingubo zakhe, wathi kubo: Igazi lenu malibe phezu kwamakhanda enu; mina anginacala; kusukela manje ngizakuya kwabezizwe.

7 Wasuka lapho, weza endlini yomuntu ogama lakhe linguThithiyu Justu, okhonza uNkulunkulu; indlu yakhe yayiseceleni kwesinagoge.

8 Kepha uKrispu umphathi wesinagoge wakholwa yiNkosi kanye nendlu yakhe yonke, nabaningi babaseKorinte balalela, bakholwa, babhapathizwa.

9 INkosi yayisithi kuPawulu ngombono ebusuku: Ungesabi, kepha khuluma, ungathuli,

10 ngokuba mina nginawe, akakho ozakukusukela, akulimaze, ngokuba nginabantu abaningi kulo muzi.

11 Wahlala khona umnyaka nezinyanga eziyisithupha efundisa izwi likaNkulunkulu phakathi kwabo.

12 Kwathi uGaliyu engumbusi wase-Akhaya, abaJuda bamvukela uPawulu nganhliziyonye, bamyisa phambi kwesihlalo sokwahlulela,

13 bathi: Lo muntu uphendukisa abantu ukuba bakhonze uNkulunkulu ngokuphambene nomthetho.

14 Khona uPawulu esezakuvula umlomo, uGaliyu wathi kubaJuda: O nina baJuda, uma bekuyicala noma ubugebengu obubi, bekufanele nginibekezelele;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15kodwa uma kungukuphikisana ngamazwi, nangamagama, nangomthetho wakini, ziboneleni nina; mina angithandi ukuba ngumahluleli walezo zinto.

16Wayesebaxosha esihlalweni sokwahlulela.

17Khona bonke bambamba uSostene umphathi wesinagoge, bamshaya phambi kwesihlalo sokwahlulela; kodwa uGaliyu akaze anaka lutho lwalokho.

18 Kepha uPawulu esehlale khona izinsuku eziningi, wavalelisa kubazalwane, wamuka ngomkhumbi, waya eSiriya kanye noPrisila no-Akwila, esegundile ikhanda lakhe eKenikreya; ngokuba wayezibophe ngesifungo.

19Wehlela e-Efesu, wabashiya khona; kepha yena wangena esinagogeni, washumayela kubaJuda.

20Kwathi bemncenga ukuba ahlale khona isikhathi esidana, akaze avuma,

21kepha wavalelisa wathi: Ngizakubuyela futhi kini, uma uNkulunkulu evuma, wayesesuka e-Efesu ngomkhumbi;

22esefikile eKesariya wakhuphuka wabingelela ibandla; wehlela e-Antiyokiya.

### Ukuqala kohambo lwesithathu; u-Apholo use-Efesu

23Esehlale khona isikhathi esithile wamuka wadabula izwe laseGalathiya nelaseFrigiya ngokulandelana, eqinisa bonke abafundi.

24UmJuda othile ogama lakhe lingu-Apholo, wase-Aleksandriya ngokuzalwa, indoda efundileyo nenamandla emibhalweni, wehlela e-Efesu.

25 Yena wayefundisiwe indlela yeNkosi; evutha emoyeni wakhuluma, wafundisa ngesineke izindaba eziqondene noJesu, azi ukubhapathiza kukaJohane kuphela;

26yena waqala ukushumayela ngesibindi esinagogeni. Kwathi ukuba bamuzwe o-Akwila noPrisila, bamthatha bamchasisela indlela kaNkulunkulu ngesineke esikhulu.

27 Esethanda ukudlulela e-Akhaya, abazalwane balobela abafundi bebayala ukuba bamamukele; esefikile wabasiza kakhulu abakholwayo ngomusa,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28ngokuba waphikisa abaJuda ngamandla phambi kwabantu, ekhomba ngemibhalo ukuthi uJesu unguKristu.

## IzEnzo 19

### Uhambo lwesithathu lukaPawulu: use-Efesu

1 Kwathi u-Apholo eseKorinte, uPawulu wafika e-Efesu esedabulile amazwe angasenhla, wafumana abafundi abathile,

2 wathi: Namamukela yini uMoya oNgcwele mhla nikholwayo na? Bathi kuye: Qhabo, asizwanga nokuzwa ukuba kukhona uMoya oNgcwele.

3Wathi: Pho, nabhapathizelwa kukuphi na? Base bethi: Kukho ukubhapathiza kukaJohane.

4 UPawulu wayesethi: UJohane wabhapathiza umbhapathizo wokuphenduka, ethi kubantu mabakholwe nguyena obezakuza emva kwakhe, kungukuthi uJesu.

5Bathi ukuzwa lokho, babhapathizwa egameni leNkosi uJesu.

6 Kwathi uPawulu esebekile izandla phezu kwabo, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo; base bekhuluma ngezilimi, baprofetha.

7Babe ngamadoda angathi ishumi nambili bebonke.

8Wayesengena esinagogeni, wakhuluma ngesibindi izinyanga zaba ntathu, eshumayela ebafundisa ngombuso kaNkulunkulu.

9 Kepha lapho abathile bezenza lukhuni bengalaleli, bekhuluma kabi ngaleyo Ndlela phambi kwabantu, wasuka kubo, waqembula abafundi, washumayela imihla ngemihla esikoleni sikaTiranu.

10Lokho kwenzeka iminyaka emibili, baze balizwa izwi leNkosi bonke abakhileyo e-Asiya, abaJuda namaGreki.

11 UNkulunkulu wenza imisebenzi yamandla engavamile ngezandla zikaPawulu,

12 baze bathatha amaduku nezindwangu emzimbeni wakhe, bazibeka phezu kwabagulayo; zase zisuka kubo izifo, nomoya ababi baphuma.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Kepha nabathile abayizanusi kubaJuda, abayizinzulane, balokotha
ukuphatha igama leNkosi uJesu phezu kwabakhwelwe ngomoya ababi, bathi:
Ngiyanifungisa uJesu amshumayelayo uPawulu.

14USkeva othile, umJuda, umpristi omkhulu, wayenamadodana
ayisikhombisa ayekwenza lokho.

15 Kepha umoya omubi waphendula, wathi kuwo: UJesu ngiyamazi,
noPawulu ngiyamqonda; kepha nina ningobani na?

16Lowo muntu onomoya omubi wabadumela, wahlula ababili, wabanqoba,
baze baphunyuka kuleyo ndlu behambaze, belimele.

17Lokho kwezwakala kubo bonke abakhileyo e-Efesu, abaJuda namaGreki,
ukwesaba kwabehlela bonke; ladunyiswa igama leNkosi uJesu;

18nabaningi kwabakholwayo beza bazivuma, bazibika izenzo zabo.

19Kepha abaningi kubo ababenza imilingo babuthela ndawonye izincwadi
zabo, bazishisa phambi kwabo bonke; bahlanganisa amanani azo, bafumana
ukuthi ayizinhlamvu zesiliva eziyizinkulungwane ezingamashumi ayisihlanu.

20 Kanjalo izwi landa ngamandla eNkosi, lanqoba.

21 Kwathi ukuba sezenzekile lezo zinto, uPawulu wazimisela emoyeni ukuya
eJerusalema esedabulile iMakedoniya ne-Akhaya, wathi: Emva kokufika
kwami khona ngimelwe ukubona neRoma.

22Wayesethumela eMakedoniya ababili kwabamkhonzayo oThimothewu no-
Erastu; yena uqobo wasala isikhathi e-Asiya.

**Isiphithiphithi sikaDemetriyu**

23 Kepha ngaleso sikhathi kwavela isiphithiphithi esingesincane maqondana
naleyo Ndlela.

24Ngokuba umuntu othile ogama lakhe linguDemetriyu, umkhandi wesiliva
owenza amathempelana esiliva kaDiyana, wazuzisa abakhandi besiliva inzuzo
engencane,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25waqoqa bona kanye nezisebenzi ezinjalo, wathi: Madoda, niyazi ukuthi kulo msebenzi kuvela ingcebo yethu,

26 kepha seniyabona, niyezwa futhi ukuthi akukuphela e-Efesu kodwa cishe kulo lonke i-Asiya uPawulu lona udukisile abantu abaningi ngokubancenga, ethi akusibo onkulunkulu labo abenziwe ngezandla.

27Ngakho akusikho lokhu kuphela ukuba umsebenzi wethu usengozini yokudelelwa, kodwa nethempeli lonkulunkulukazi omkhulu uDiyana liyakuthiwa aliyinto yalutho, nobukhulukazi bakhe sebuzakuphela, yena elimkhonzayo lonke i-Asiya nezwe lonke.

28Kwathi bekuzwa lokho, bagcwala ulaka, bamemeza bathi: Mkhulu uDiyana wabase-Efesu.

29Umuzi wonke wagcwala isiphithiphithi, batheleka nganhliziyonye esigcawini sokubukela, babamba oGayu no-Aristarku, abaseMakedoniya, ababehamba noPawulu.

30Kepha uPawulu esefuna ukungena phakathi kwabantu, abafundi abamvumelanga.

31Nabanye bababusi base-Asiya, bengabahlobo bakhe, bathumela kuye, bamncenga ukuba angaze angena esigcawini sokubukela.

32Khona-ke abanye bamemeza okunye nabanye okunye; ngokuba ibandla layaluza nje, nabaningi babengazi ukuthi babuthanele indabani.

33Base bekhipha u-Aleksandru esixukwini, abaJuda bamqhubela phambili; kepha u-Aleksandru waqhweba ngesandla, efuna ukuziphendulela kubantu.

34Kwathi ukuba bezwe ukuthi ungumJuda, bamemeza bonke ngazwi linye kwangathi amahora amabili, bathi: Mkhulu uDiyana wabase-Efesu.

35Kepha umbhali esebathulisile abantu wathi: Madoda ase-Efesu, kukhona yini phakathi kwabantu ongaziyo ukuthi umuzi wase-Efesu ungumlondi wethempeli likaDiyana omkhulu nowesithombe esawa ezulwini na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

36Ngakho lokhu lezo zinto zingephikwe, kufanele nithule, ningenzi lutho ngamawala.

37Ngokuba nilethile lawa madoda angesibo abaphangi bamathempeli nokuba abahlambalaza uNkulunkulu wethu.

38Ngakho uma uDemetriyu kanye nezingcweti zabakhandi besiliva benendaba nomuntu, zikhona izinsuku zokuthetha amacala, bakhona nababusi; mabamangalelane.

39Kepha uma nifuna utho ngaphezu kwalokho, kuyalungiswa ebandleni elimisiweyo.

40Ngokuba-ke sisengozini yokumangalelwa ngomsindo wanamuhla, lokhu kungekho sizathu esingazilandulela ngaso ngalesi siwiliwili.

41Eseshilo lokho walimukisa ibandla.

## IzEnzo 20

### Uhambo lwesithathu lukaPawulu: useMakedoniya

1Sesiphelile isiyaluyalu, uPawulu wababiza abafundi, wabavuselela, wavalelisa, wamuka waya eMakedoniya.

2Esedabulile lezo zindawo, ebavuselela ngamazwi amaningi, wafika ezweni lamaGreki,

3wahlala khona izinyanga ezintathu; abaJuda sebenzile icebo ngaye esezakumuka ngomkhumbi ukuya eSiriya, wazimisela ukubuyela emuva edabula iMakedoniya.

4 Waphelekezelwa nguSophatru kaPhiru waseBereya, nabaseThesalonika o-Aristarku noSekhundu, noGayu waseDerbe, noThimothewu, nabase-Asiya oThikhiku noTrofimu.

5Laba basandulela, basilindela eTrowa.

6Kepha thina samuka ngomkhumbi eFilipi emva kwezinsuku zezinkwa ezingenamvubelo, safika kubo eTrowa ngezinsuku eziyisihlanu, sahlala khona izinsuku eziyisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### UPawulu uvusa u-Evitiku ekufeni

7 Kwathi ngosuku lokuqala lweviki, sesibuthene ukuba sihlephule isinkwa, uPawulu washumayela kubo ebezakumuka ngangomuso, welula amazwi akhe kwaze kwaba phakathi kobusuku.

8Kwakukhona izibani eziningi ekamelweni eliphezulu esasibuthene kulo.

9Kwakuhlezi efasiteleni insizwa ethile igama layo lingu-Evitiku, eyazunywa ngubuthongo obunzima, uPawulu eshumayela isikhathi eside; isiyahlulwe ngubuthongo, yawa phansi isuka esitezi sesithathu, yathathwa isifile.

10 Kepha uPawulu wehla, wawa phezu kwayo, wayisingatha, wathi: Ningaxokozeli, ngokuba umphefumulo wayo usekhona kuyo,

11esenyukile wahlephula isinkwa, wadla, wakhuluma nabo isikhathi eside kwaze kwasa; wayesemuka-ke.

12Base bemletha umfana ephilile, baduduzeka kakhulu.

13Kepha thina sandulela ukuya emkhunjini, samuka saya e-Asu, lapho sasizakumkhwelisa khona uPawulu; ngokuba wayenqumile kanjalo, yena ebezakuhamba ngezinyawo.

14Kwathi esehlangene nathi e-Asu, samkhwelisa, safika eMithilene;

15sesimukile lapho ngomkhumbi, ngangomuso safika maqondana neKiyu; ngangomhlomunye sasondela eSamu; ngolulandelayo safika eMilethu.

16Ngokuba uPawulu wayezimisele ukudlula e-Efesu ngomkhumbi ukuze angalibali isikhathi e-Asiya; ngokuba wayekhawulezela ukuba, uma kungenzeka, abe khona eJerusalema ngosuku lwePhentekoste.

### UPawulu uvalelisa kwabase-Efesu eMilethu

17EseMilethu wathumela e-Efesu, wabiza amalunga ebandla.

18Kwathi esefikile kuye, wathi kuwo: Niyazi nina ukuthi kusukela osukwini lokuqala engafika ngalo e-Asiya nganginjani isikhathi sonke nginani,

19ngikhonza iNkosi ngakho konke ukuthobeka, nangezinyembezi, nangokulingwa okwangehlela ngamacebo abaJuda,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 nokuthi angigwemanga ukunitshela okusizayo nokunifundisa phambi
kwabantu nakuzo izindlu ngezindlu,

21 ngifakaza kubaJuda nakumaGreki ukuphendukela kuNkulunkulu
nokukholwa yiNkosi yethu uJesu.

22 Kepha manje, bhekani, mina sengiya eJerusalema ngiboshiwe emoyeni,
ngingakwazi okuzakungehlela khona,

23 kuphela ukuba uMoya oNgcwele uyafakaza kimi imizi ngemizi ethi
izibopho nezinhlupheko zingihlalele.

24 Kepha ukuphila angikushayi into yalutho ukuba kube yigugu kimi, kuphela
ukuba ngiphelelise ukuhamba kwami nenkonzo engayamukela eNkosini
uJesu yokufakaza ngevangeli lomusa kaNkulunkulu.

25 Kalokhu bhekani, ngiyazi ukuthi anisayikubona ubuso bami nina nonke
engahamba phakathi kwenu, ngishumayela umbuso.

26 Ngakho-ke ngiyafakaza kini ngalolu suku lwanamuhla ngithi anginacala
egazini labo bonke.

27 Ngokuba angigwemanga ukunitshela lonke icebo likaNkulunkulu.

28 Ziqapheleni nina nomhlambi wonke anibeke kuwo uMoya oNgcwele ukuba
nibe ngababonisi bokwalusa ibandla likaNkulunkulu azizuzele lona ngegazi
lakhe.

29 Mina ngiyazi ukuthi emva kokumuka kwami kuzakungena kini izimpisi
ezihahayo zingawuhawukeli umhlambi,

30 naphakathi kwenu kuzakuvuka amadoda akhuluma okudukisayo, ahunge
abafundi ukubalandela.

31 Ngakho lindani, nikhumbule ukuthi ngeminyaka emithathu ubusuku nemini
angiyekanga ukuniluleka nonke ngabanye ngezinyembezi.

32 Kalokhu sengiyanibeka eNkosini nasezwini lomusa wayo, yona enamandla
okwakha nokwabela ifa phakathi kwabo bonke abangcwelisiweyo.

33 Angifisanga siliva lamuntu, nagolide, nangubo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34 nina niyazi ukuthi lezi zandla zasebenzela izinswelo zami nezababe nami.

35 Kukho konke ngangikhombisa ukuthi kumelwe ukuba nisize
ababuthakathaka ngokusebenza okunje, nikhumbule futhi amazwi eNkosi
uJesu ukuba yena wathi: Kubusisekile ukupha kunokwamukela.

36 Eseshilo lokho waguqa phansi kanye nabo bonke, wakhuleka.

37Bakhala kakhulu bonke, bamgona uPawulu ngentamo, bamanga,

38belusizi kakhulu ngezwi alishilo lokuthi abasayikubona ubuso bakhe. Base
bemphelekezela, baya emkhunjini.

## IzEnzo 21

1Kwathi sesimukile kubo, sasuka ngomkhumbi, saqonda ngqo, safika eKhose
nangangomuso eRodu; sasuka lapho, safika ePathara;

2sesifumene umkhumbi owelela eFenike, sangena kuwo, samuka.

3Kwathi sekuqhamuke iKhupro, sesilishiyile ngakwesokhohlo, saqonda
eSiriya, sehlika eTire, ngokuba umkhumbi wawuzakwethula khona impahla.

4Safumana abafundi, sahlala khona izinsuku eziyisikhombisa; bona bathi
ngoMoya kuPawulu, angalubeki unyawo eJerusalema.

5 Kwathi sesiqedile lezo zinsuku, saphuma sahamba; bonke basiphelekezela
kanye nawomkabo nabantwana, kwaze kwaba ngaphandle komuzi; saguqa
ngamadolo ogwini, sakhuleka,

6savalelisana, sangena emkhunjini, kepha bona babuyela emakhaya.

7Thina sesiqedile ukuhamba ngomkhumbi sisuka eTire, safika ePetolemayi,
sabingelela abazalwane, sahlala nabo usuku lwaba lunye.

8 Kepha ngangomuso samuka safika eKesariya, sangena endlini kaFiliphu
umvangeli, owayengomunye wabayisikhombisa, sahlala naye.

9 Yena-ke wayenamadodakazi amane, izintombi eziprofethayo.

10 Kwathi sisahlezi khona izinsuku eziningana, kwehla eJudiya umprofethi
ogama lakhe lingu-Agabu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 yena wafika kithi, wathatha uqhotho lukaPawulu, wazibopha izinyawo nezandla, wathi: Usho njalo uMoya oNgcwele, uthi: Umuntu olungolwakhe lolu qhotho abaJuda bazakumbopha kanje eJerusalema, bamkhaphele ezandleni zabezizwe.

12 Sesikuzwile lokho samncenga thina kanye nabakuleyo ndawo ukuba angakhuphukeli eJerusalema.

13Khona uPawulu waphendula wathi: Nenzelani ukukhala nichoboza inhliziyo yami na? Ngokuba sengilungele, kungesikho ukuboshwa kuphela kepha nokufa eJerusalema ngenxa yegama leNkosi uJesu.

14 Engenakuvunyiswa, sathula sathi: Mayenziwe intando yeNkosi.

### UPawulu eseJerusalema

15Emva kwalezo zinsuku sabopha impahla, sakhuphukela eJerusalema;

16kwahamba nathi abanye kubafundi baseKesariya, besiyisa kuMnasoni othile waseKhupro, umfundi omdala, ebesizakungenisa kwakhe.

17Sesifinyelele eJerusalema, abazalwane basamukela ngokujabula.

18Ngangomuso uPawulu wangena nathi kuJakobe; namalunga onke ayekhona.

19 Wababingelela, wabalandisa ngakho konke ngakunye uNkulunkulu abekwenzile phakathi kwabezizwe ngenkonzo yakhe.

20 Sebekuzwile lokho bamdumisa uNkulunkulu, bathi kuye: Uyabona, mzalwane, ukuthi ziningi kangaka izigidi zabakholwayo phakathi kwabaJuda, futhi bonke bayizishisekeli zomthetho;

21sebebikelwe ngawe ukuthi ufundisa bonke abaJuda abaphakathi kwabezizwe ukuhlubuka kuMose, uthi mabangasoki abantwana babo, bangahambi ngamasiko.

22Pho-ke, senze njani na? Impela bazakuzwa ukuthi usufikile.

23 Ngakho yenza lokhu esikusho kuwe: Kukhona kithi amadoda amane azibophile ngesifungo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24wathathe wona, uzihlambulule kanye nawo, uwakhokhele ukuba aphucule
ikhanda; khona bazakwazi bonke ukuthi akukho lutho lwalokho
abakubikelwe ngawe, kepha ukuthi nawe uhamba ulonda umthetho.

25 Kepha maqondana nabezizwe abakholwayo sesilobile sanquma ngokuthi
mabazilonde kokuhlatshelwe izithombe, negazi, nokuqumbeleneyo,
nobufebe.

26 Khona uPawulu wawathatha lawo madoda, ngangomuso
wayesezihlambulula kanye nawo, wangena ethempelini, wabika ukuphela
kwezinsuku zokuhlanjululwa, kuze kulethwe umnikelo ngenxa yawo onke.

**AbaJuda bavusa umsindo; uPawulu uyaboshwa**

27Kwathi sezizakuphela lezo zinsuku eziyisikhombisa, abaJuda base-Asiya
bembonile ethempelini, bayaluzisa sonke isixuku, babeka izandla kuye,

28 bamemeza bathi: Madoda akwa-Israyeli, yelekelelani; nguye lo muntu
ofundisa bonke ezindaweni zonke okuphambene nesizwe, nomthetho, nale
ndawo, futhi wangenisa ethempelini amaGreki, wayingcolisa le ndawo
engcwele.

29 Ngokuba babebonile ngaphambili uTrofimu wase-Efesu enaye emzini,
ababesho ngaye ukuthi uPawulu umngenisile ethempelini.

30Umuzi wonke wanyakaziswa, abantu bagijimela ndawonye, bambamba
uPawulu, bamhudulela ngaphandle kwethempeli; iminyango yavalwa
masinyane.

31Kuthe sebefuna ukumbulala, kwafika izwi enduneni yenkulungwane lokuthi
lonke iJerusalema liyayaluza;

32yona yayisithatha masinyane amabutho nezinduna zekhulu, yagijimela
kubo; sebebona induna yenkulungwane namabutho bayeka ukumshaya
uPawulu.

33Khona induna yenkulungwane yasondela, yamthatha, yayala ukuba
aboshwe ngamaketanga amabili, yabuza ukuthi ungubani nokuthi wenzeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

34Kepha abanye esixukwini bamemeza okunye, abanye okunye; yathi ukuba ingenakulazi iqiniso ngenxa yomsindo, yayala ukuba ayiswe ekamu.

35Esefikile esikhwelweni, kwenzeka ukuba athwalwe ngamabutho ngenxa yokukhandana kwesixuku;

36 ngokuba kwalandela isixuku sabantu bememeza bethi: Msuseni!

37Esezakungeniswa ekamu uPawulu wathi enduneni yenkulungwane: Ngivunyelwe ukuba ngisho utho na? Yona yathi: Uyasazi isiGreki na?

38Kanti awusiye yini lowo waseGibithe owambuka ngaphambi kwalezi zinsuku, waholela ehlane amadoda ayizinkulungwane ezine angababulali na?

39Kepha uPawulu wathi: Mina ngingumJuda waseTarsu laseKhilikhiya, ngingumuntu womuzi ongesiwo ongenalo udumo; ngiyacela, ake ungivumele ngikhulume kubantu.

40Esemvumele, uPawulu wema esikhwelweni, waqhweba abantu ngesandla; sekuthe cwaka, wakhuluma ngolimi lwesiHeberu, wathi:

## IzEnzo 22

### UPawulu ulandisa abaJuda ngokuphenduka kwakhe

1 Madoda, bazalwane, nani bobaba, yizwani ukuziphendulela kwami phambi kwenu kalokhu.

2Kwathi bemuzwa ekhuluma kubo ngolimi lwesiHeberu, bathula bathi du. Wayesethi:

3 Mina ngiyindoda engumJuda, ngazalwa eTarsu laseKhilikhiya, kodwa ngakhulela kulo muzi, ngafundiswa ngasezinyaweni zikaGamaliyeli ngesineke ngomthetho wawobaba, ngashisekela uNkulunkulu njengokuba nonke ninjalo namuhla;

4 ngayizingela leyo Ndlela kwaze kwaba sekufeni, ngibopha ngibakhaphela ematilongweni abesilisa nabesifazane,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5njengokuba nompristi omkhulu ufakaza ngami namalunga onke; ngamukela kubo izincwadi ezilotshelwe abazalwane, ngaya eDamaseku ukuba nababe khona lapho ngibayise eJerusalema beboshiwe, ukuze bajeziswe.

6 Kwathi ngisahamba ngisondela eDamaseku kuphakathi kwemini, kwangibaneka masinyane nxazonke ukukhanya okukhulu okwavela ezulwini,

7ngawa phansi emhlabathini, ngezwa izwi lithi kimi: Sawulu, Sawulu, ungizingelelani na?

8 Ngase ngiphendula ngathi: Ungubani, Nkosi, na? Wathi kimi: Mina nginguJesu waseNazaretha omzingelayo.

9Kepha labo ababe nami bakubona ukukhanya, kodwa izwi lowakhuluma nami abalizwanga.

10 Ngathi: Ngizakwenzani, Nkosi, na? INkosi yayisithi kimi: Sukuma, uye eDamaseku, uzakutshelwa khona konke okumiselweyo ukuba ukwenze.

11Kepha njengokuba ngangingasaboni ngenxa yenkazimulo yalokho kukhanya, ngaholwa ngesandla yibo ababe nami, ngafika eDamaseku.

12 U-Ananiya othile, indoda ekholwa ngokomthetho, owayefakazelwa yibo bonke abaJuda ababakhile khona,

13weza kimi, wema, wathi kimi: Sawulu, mzalwane, buye ubone. Mina ngase ngimbona ngaso leso sikhathi.

14 Wayesethi: UNkulunkulu wawobaba wakumisela ngaphambili ukuyazi intando yakhe, nokumbona oLungileyo, nokulizwa izwi eliphuma emlonyeni wakhe,

15ngokuba uzakuba ngufakazi wakhe kubantu bonke walokho okubonileyo nokuzwileyo.

16 Manje-ke ulibalelani na? Sukuma, ubhapathizwe, uhlambulule izono zakho ngokukhuleka egameni lakhe.

17 Kwathi sengibuyele eJerusalema, ngikhuleka ethempelini, ngehlelwa yisiyezi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18ngambona; wathi kimi: Khawuleza uphume masinyane eJerusalema, ngokuba abazukwamukela ubufakazi bakho ngami.

19 Mina ngase ngithi: Nkosi, bayazi bona ukuthi yimina engangibabopha ngibashaya emasinagogeni abakholwa nguwe;

20 futhi mhla kuchithwa igazi likaStefanu ufakazi wakho, ngangimi khona mina, ngivuma, ngilinda izingubo zabambulalayo.

21 Wathi kimi: Hamba, ngokuba mina ngizakukuthuma uye kude kwabezizwe.

### AbaJuda bafuna ukumbulala uPawulu

22 Kepha bamlalela kwaze kwaba kulelo zwi; base bephakamisa izwi labo, bethi: Msuseni onje emhlabeni, ngokuba akufanele ukuba aphile.

23Kwathi besabangalasa, behlubula izingubo, bethuquza uthuli phezulu,

24induna yenkulungwane yayala ukuba angeniswe ekamu, yathi akahlolwe ngenduku, ukuze iqonde ukuthi kungasiphi isici bememeza kanje ngaye.

25 Kepha besamelula ngemichilo, uPawulu wathi enduneni yekhulu eyayimi khona: Kuvunyelwe yini ukushaya umuntu ongumRoma engalahlwanga yicala na?

26Induna yekhulu ikuzwile yaya enduneni yenkulungwane, yabika yathi: Usuzakwenzani na, ngokuba lowo muntu ungumRoma?

27Induna yenkulungwane yayisifika, yathi kuye: Ngitshele, wena ungumRoma na? Yena wathi: Yebo.

28Kepha induna yenkulungwane yaphendula yathi: Mina ngalithenga lelo lungelo ngemali enkulu. Kodwa uPawulu wathi: Kepha mina ngazalwa nalo.

29Ngakho basuka kuye masinyane abase bezakumhlola; kepha induna yenkulungwane yesaba, isiyazi ukuthi ungumRoma nokuthi ibimbophile.

30Kwathi ngangomuso ifuna ukwazi iqiniso lalokho amangalelwe ngakho ngabaJuda, yamkhulula, yayala ukuba abapristi abakhulu nomphakathi wonke ubuthane, yamehlisa uPawulu phambi kwabo.

## IzEnzo 23

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### UPawulu ephambi komphakathi

1 UPawulu wayesegqolozela umphakathi, wathi: Madoda, bazalwane, mina
ngihambile phambi kukaNkulunkulu nginonembeza wonke omuhle kuze kube
namuhla.

2 Kepha umpristi omkhulu u-Ananiya wayala ababemi khona ukuba
bamshaye umlomo.

3 Khona uPawulu wathi kuye: UNkulunkulu uzakukushaya wena ludonga
olucakiweyo; uhlalele ukungahlulela ngokomthetho, kodwa ngokuphambene
nomthetho uyala ukuba ngishaywe na?

4 Ababemi khona base bethi: Uthuka umpristi omkhulu kaNkulunkulu na?

5 UPawulu wayesethi: Bengingazi, bazalwane, ukuthi ungumpristi omkhulu;
ngokuba kulotshiwe ukuthi: Ungakhulumi kabi ngombusi wesizwe sakini.

6 Kepha kwathi uPawulu azi ukuthi enye inxenye yabo ingabaSadusi nenye
ingabaFarisi, wamemeza emphakathini, wathi: Madoda, bazalwane,
ngingumFarisi mina, ngiyindodana yabaFarisi; ngimangalelwa ngethemba
nangokuvuka kwabafileyo.

7 Eseshilo lokho, kwavela ukuphambana phakathi kwabaFarisi nabaSadusi,
ibandla lahlukana kabili.

8 Ngokuba abaSadusi bathi akukho ukuvuka kwabafileyo, nangelosi, namoya,
kepha abaFarisi bavuma kokubili.

9 Kwase kuvela umsindo omkhulu, kwasukuma abathile kubabhali benxenye
yabaFarisi, balwa kakhulu, bathi: Asifumani lutho olubi kulo muntu; uma,
pho, kukhulume kuye umoya noma ingelosi na?

10 Kwathi sekuvele isiyaluyalu esikhulu, induna yenkulungwane yesaba ukuba
uPawulu angadwengulwa yibo, yayala impi ukuba yehle imhlwithe phakathi
kwabo, imyise ekamu.

11 Ngobusuku obulandelayo iNkosi yema ngakuye, yathi: Yima isibindi;
njengalokho ufakaze ngami eJerusalema, ngokunjalo umelwe ukufakaza
naseRoma.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Icebo labaJuda lokumbulala uPawulu

12Kwathi sekusile, abaJuda benza iqeqeba, bazilokothela bethi abayikudla, bangaphuzi, bengakambulali uPawulu.

13Babengaphezu kwamashumi amane ababenze lelo cebo.

14 Bona base beza kubapristi abakhulu nasemalungeni, bathi: Sizibophe ngesilokothelo sokuthi asiyikuzwa ukudla size simbulale uPawulu.

15Manje-ke nina kanye nomphakathi yazisani induna yenkulungwane ukuba imehlisele kini ngokungathi nizakuhlolisisa indaba yakhe; thina-ke silungele ukumbulala engakasondeli.

16Kepha indodana kadadewabo kaPawulu yezwa ngokumqamekela kwabo, yafika yangena ekamu, yambikela uPawulu.

17UPawulu wayesebiza enye induna yekhulu, wathi: Yisa le nsizwa enduneni yenkulungwane, ngokuba inento ezakuyibika kuyo.

18Yayisiyithatha-ke, yayiyisa enduneni yenkulungwane, yathi: Isiboshwa uPawulu singibizile, sacela ukuba ngilethe le nsizwa kuwe, inento ezakukutshela yona.

19Induna yenkulungwane yayisiyibamba ngesandla, yagudluka nayo, yayibuza bebodwa, yathi: Kuyini ozakungibikela khona na?

20Yathi: AbaJuda bavumelene ukucela kuwe ukuba wehlisele uPawulu emphakathini ngomuso ngokungathi bazakuhlolisisa indaba yakhe.

21Ngakho-ke wena ungabavumeli, ngokuba kubona amqamekele amadoda angaphezu kwamashumi amane azilokotheleyo ukuba angadli, angaphuzi, engakambulali; manje-ke sebelungele bebheke isithembiso sakho.

22Khona induna yenkulungwane yayisiyimukisa insizwa, isiyiyalile ukuba ingatsheli muntu ukuthi imbikele lokho.

### Ukuyiswa kukaPawulu eKesariya

23Yayisibiza izinduna zekhulu ezimbili, yathi: Lungisani amabutho angamakhulu amabili alungele ukuya eKesariya ngehora lesithathu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

lasebusuku, kanye nezinkweli ezingamashumi ayisikhombisa, nabemikhonto abangamakhulu amabili,

24kulungiselwe futhi izilwane, ukuze bakhwelise uPawulu, bamyise kahle kuFeliksi umbusi,

25yaloba incwadi ehlelwe kanje:

26UKlawudiyu Lisiya kuye uFeliksi umbusi odumileyo; ngiyakubingelela.

27 Le ndoda ibibanjwe ngabaJuda; ibisizakubulawa yibo, ngafika namabutho, ngayophula sengizwile ukuba ingumRoma.

28Ngathi ngifuna ukwazi icala abayimangalela ngalo, ngayehlisela emphakathini wabo;

29ngayifumana imangalelwe ngezindaba zomthetho wakubo, kepha engamangalelwa ngalutho olufanele ukufa nokuba ukuboshwa.

30Sekudaluliwe kimi ukuthi kukhona icebo ngaleyo ndoda, ngase ngiyithumela kuwe masinyane, ngibayalile nabayimangalelayo ukuba bakhulume ngayo phambi kwakho.

31Khona amabutho ayesemthatha uPawulu njengokuyalwa kwawo, amyisa e-Antipatheri ebusuku.

32Kepha ngangomuso ashiya izinkweli ukuba zihambe naye; wona abuyela ekamu;

33lezo sezifikile eKesariya zanika umbusi incwadi, zamisa uPawulu phambi kwakhe.

34Eseyifundile wambuza ukuthi ungowasiphi isifunda; esezwile ukuthi ungowaseKhilikhiya,

35wathi: Ngiyakuyizwa kahle indaba yakho, nxa sebefikile abakumangalelayo. Wayala ukuba alondwe enqabeni kaHerode.

## IzEnzo 24

### UPawulu umangalelwa kuFeliksi; ugcinwa eKesariya eyisiboshwa

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Emva kwezinsuku eziyisihlanu umpristi omkhulu u-Ananiya wewuka kanye namalunga athile nommeli othile uTertulu; laba bammangalela uPawulu kumbusi.

2Yena esebiziwe, uTertulu waqala ukumbeka icala, ethi: Lokho ukuthi ngenxa yakho sitholile ukuthula okukhulu nangokubonelela kwakho lesi sizwe senzelwe okuhle okuningi

3 siyakwamukela ngezikhathi zonke nasezindaweni zonke ngokubonga okukhulu, Feliksi odumileyo.

4Kepha ukuba ngingakubambezeli, ngiyakuncenga ukuba ngobumnene bakho usizwe ngokufushane.

5 Ngokuba le ndoda siyifumene iyishinga ivusa ukwambuka phakathi kwabaJuda ezweni lonke, iyinhloko yehlelo lamaNazaretha,

6yalinga nokungcolisa ithempeli; sayibamba, sathanda ukuyahlulela ngomthetho wakithi.

7Kepha kwafika uLisiya induna yenkulungwane, wamthatha ngendluzula enkulu ezandleni zethu,

8eyala abambeka icala ukuba beze kuwe, ukuze umbuzisise wena uqobo, uzwe ngakho konke esimmangalela ngakho.

9NabaJuda bakuvuma lokho, bathi kunjalo.

10Umbusi esemqhwebile ukuba akhulume, uPawulu waphendula wathi: Lokhu ngiyazi ukuthi sekuyiminyaka eminingi ungumahluleli kulesi sizwe, ngiyaziphendulela ngesibindi;

11 futhi ungaqonda ukuthi akungaphezu kwezinsuku eziyishumi nambili ngikhuphukile ukuyokhuleka eJerusalema;

12 abangifumananga ngiphikisana namuntu, nakuba ngivusa isiphithiphithi esixukwini, nasethempelini, nasemasinagogeni, nasemzini,

13futhi bangekuqinise kuwe lokhu abangibeka icala ngakho manje.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

14Kepha ngiyavuma lokhu kuwe ukuthi ngeNdlela abathi iyihlelo ngiyamkhonza ngokunjalo uNkulunkulu wawobaba, ngikholwa yikho konke okulotshiwe emthethweni nakubaprofethi;

15 nginethemba kuNkulunkulu abalibheka nabo uqobo lokuthi kuyakuba khona ukuvuka kwabafileyo, okwabalungile nokwabangalungile.

16 Kulokhu nami ngiyazama ukuba njalo ngibe nonembeza ongenacala phambi kukaNkulunkulu nabantu.

17 Kwathi emva kweminyaka eminingi ngafika ukuletha izipho esizweni sakithi neminikelo,

18 okuthe ngikulokho bangifumana ethempelini ngihlanjululiwe, kungekho isixuku nomsindo,

19abaJuda abathile base-Asiya ababefanele ukuvela phambi kwakho, bangimangalele, uma benotho ngami.

20Nokuba mabasho laba ukuthi bafumanani okungalungile mhla ngimi phambi komphakathi,

21 ngaphandle kwalelo zwi elilodwa engalimemeza ngimi phakathi kwabo lokuthi: Ngokuvuka kwabafileyo mina ngimangalelwa yinina namuhla.

22Kepha uFeliksi ekwazi ngokuchachileyo okwaleyo Ndlela wabahlehlisa ethi: Lapho uLisiya induna yenkulungwane esewukile, ngizakuyinqumа indaba yenu,

23 wayala induna yekhulu ukuba agcinwe, kepha abe nenkululeko, kunganqatshelwa muntu wakubo ukumkhonza.

### UPawulu ushumayela kuFeliksi ngoKristu

24Kepha emva kwezinsuku ezithile wafika uFeliksi noDrusila umkakhe owayengumJudakazi, wabiza uPawulu, wamuzwa ngokukholwa nguKristu Jesu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

25Esakhuluma ngokulunga, nangokuzithiba, nangokwahlulela okuzayo, uFeliksi washaywa luvalo, waphendula wathi: Okwamanje hamba; kepha nxa ngithola isikhathi, ngizakukubiza,

26wethemba futhi ukuthi uzakunikwa imali nguPawulu; ngalokho wayehleze embiza, ekhuluma naye.

27Kepha sekuphelile iminyaka emibili, uFeliksi walandelwa nguPorkiyu Festu; kodwa uFeliksi efuna ukubongwa ngabaJuda washiya uPawulu eboshiwe.

## IzEnzo 25

### UPawulu umangalelwa phambi kukaFestu

1Kwathi uFestu engenile esikhundleni, wasuka eKesariya emva kwezinsuku ezintathu, wenyukela eJerusalema;

2 abapristi abakhulu nezikhulu zabaJuda base bemangalela uPawulu kuye, bamncenga,

3bazicelela umusa ngaye wokuba ambizele eJerusalema, becebile ukumqamekela ukuba bambulale endleleni.

4Kepha uFestu waphendula ngokuthi uPawulu ugcinwe eKesariya nokuthi naye usezakuya khona masinyane;

5wathi: Izikhulu phakathi kwenu azehle nami; uma kukhona utho olubi kuleyo ndoda, aziyimangalele.

6Kwathi esehlale nabo izinsuku ezingaphezu kweziyisishiyagalombili nokuba eziyishumi, wehlela eKesariya; ngangomuso wahlala esihlalweni sokwahlulela, wayala ukuba uPawulu alethwe.

7Esefikile yena, abaJuda ababehlile eJerusalema bema bemhaqile, bembeka amacala amaningi anzima, abangenakuwaqinisa,

8 lapho uPawulu eziphendulela ngokuthi: Angonanga ngalutho nasemthethweni wabaJuda, nasethempelini, nakuKesari.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Kepha uFestu ethanda ukubongwa ngabaJuda, wamphendula uPawulu, wathi: Uyathanda yini ukwenyukela eJerusalema, wahlulelwe khona phambi kwami ngalezi zinto, na?

### UPawulu ufuna ukwahlulelwa nguKesari

10UPawulu wayesethi: Ngimi phambi kwesihlalo sokwahlulela sikaKesari, lapho ngimelwe ukwahlulelwa khona. Angenzanga okungalungile kubaJuda njengalokhu nawe wazi kahle.

11Kepha uma ngonile ngenza utho olufanele ukufa, angali ukufa; kodwa uma kungekho lutho lwalokho laba abangimangalela ngakho, akakho onganginikela kubo. Ngilidlulisela kuKesari.

12Khona uFestu esekhulumile nomphakathi waphendula wathi: Ulidlulisele kuKesari, uzakuya kuKesari.

### U-Agripha ubikelwa indaba kaPawulu

13Kwathi sekudlule izinsuku ezithile, u-Agripha inkosi, noBernike behlela eKesariya ukuyobingelela uFestu.

14 Sebehlezi khona izinsuku eziningi, uFestu weneka phambi kwenkosi indaba kaPawulu, wathi: Kukhona indoda ethile eyashiywa nguFeliksi iboshiwe;

15kwathi ngiseJerusalema, abapristi abakhulu namalunga abaJuda babika ngaye becela ukuba ilahlwe;

16ngabaphendula ngathi akusiwo umkhuba wamaRoma ukumnikela umuntu omangalelwayo engakamiswa phambi kwabammangalelayo, athole ithuba lokuziphendulela ngecala amangalelwe ngalo.

17Ngakho sebebuthene lapha, angilibalanga; ngangomuso ngahlala esihlalweni sokwahlulela, ngayala ukuba leyo ndoda ilethwe;

18basukuma-ke abayimangalelayo, kepha abavezanga cala ngayo lalezo zinto ezimbi ebengizicabangile mina,

19 kodwa babe nokuphikisana okuthile naye ngenkolo yakubo nangomuntu othile, uJesu, owafayo, asho ngaye uPawulu ukuthi uyaphila.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]Kuthe mina ngisakhohliwe ukuthi leyo ndaba ngizakuyihlola kanjani, ngathi angathanda yini ukuya eJerusalema ukuba ahlulelwe khona ngalezo zinto.

[21]Kepha uPawulu eselidlulisile wacela ukuba agcinwe lize lithethwe yinkosi enkulu, ngayala ukuba agcinwe ngize ngimthumele kuKesari.

[22]U-Agripha wayesethi kuFestu: Nami bengithanda ukumuzwa lowo muntu. Wathi: Uzakumuzwa ngomuso.

[23] Khona ngangomuso kwafika o-Agripha noBernike ngemvunulo enkulu, bangena endlini yamacala kanye nezinduna zenkulungwane nezikhulu zomuzi; uFestu wayala ukuba uPawulu alethwe.

[24] UFestu wathi: Nkosi, Agripha, nani nonke nina madoda enikhona lapha kanye nathi, niyambona lona oluze ngaye kimi lonke uquqaba lwabaJuda eJerusalema nalapha, lumemeza luthi akafanele ukuba abe esaphila.

[25]Kepha mina ngabona ukuthi akenzanga lutho olufanele ukuba afe, kodwa ngenxa yokudlulisela kwakhe kuKesari ngazinqumela ukumthuma.

[26]Anginanto eqinisekileyo ngaye engingayilobela inkosi; ngakho ngimlethile phambi kwenu, ikakhulu phambi kwakho, nkosi Agripha, ukuze kuthi sekuhloliwe, ngibe nakho engingakuloba.

[27]Ngokuba mina ngokwami ngithi akuqondile, uma kuthunyelwa isiboshwa, kungakhonjwa amacala aso.

## IzEnzo 26

### UPawulu uziphendulela phambi kukaFestu no-Agripha

[1]Khona u-Agripha wathi kuPawulu: Uvunyelwe ukuba uzikhulumele. UPawulu wayeselula isandla, waziphendulela wathi:

[2] Maqondana nakho konke engimangalelwa ngakho ngabaJuda, nkosi Agripha, ngizibona nginenhlanhla, ngokuba ngizakuziphendulela namuhla phambi kwakho,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3ikakhulu lokhu uyisazi sawo onke amasiko nokuphikisana kwabaJuda;
ngalokho ngiyakunxusa ukuba ungilalele ngokubekezela.

4 Inkambo yami kwasebusheni eyaba sesizweni sakithi naseJerusalema
kwasekuqaleni bonke abaJuda bayayazi,

5 bengazi kwasekuqaleni, uma bethanda ukufakaza ukuthi ngangihamba
ngehlelo eliqinileyo lenkonzo yakithi ngingumFarisi.

6 Kepha manje ngimi ngimangalelwe ngenxa yethemba lesithembiso asenzayo
uNkulunkulu kubo obaba,

7ezithemba ukufinyelela kuso izizwe eziyishumi nambili zakithi, zikhonza
ngesineke ubusuku nemini; ngalelo themba, nkosi, ngimangalelwa
ngabaJuda.

8Kungani kube yinto engakholekile kini ukuthi uNkulunkulu uvusa abafileyo
na?

9 Kepha mina ngokwami ngangithi ngifanele ukwenza okuningi
okuphambene negama likaJesu waseNazaretha;

10lokho ngase ngikwenza-ke eJerusalema; mina ngabafaka abaningi
kwabangcwele ematilongweni, ngiwatholile amandla kubapristi abakhulu,
nalapho bebulawa ngabalahla ngevoti lami.

11Nasemasinagogeni onke kaningi ngabajezisa ngibacindezela ukuba
bahlambalaze; ngahlanya kakhulu ngabo, ngibazingela kwaze kwaba semizini
yabezizwe.

12 Kwathi lapho ngisaya eDamaseku ngamandla nangokuthunywa ngabapristi
abakhulu,

13emini enkulu, nkosi, ngisendleleni, ngabona ukukhanya okuvela ezulwini,
kudlula ukukhazimula kwelanga, kungikhanyisela nxazonke kanye
nababehamba nami;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14kwathi sesiwile phansi sonke emhlabathini, ngezwa izwi likhuluma kimi ngo limi lwesiHeberu, lithi: Sawulu, Sawulu, ungizingelelani na? Kulukhuni kuwe ukukhahlela ezinkandini.

15 Kepha mina ngathi: Ungubani, Nkosi, na? INkosi yathi: Mina nginguJesu omzingelayo.

16Kepha sukuma, ume ngezinyawo zakho; ngokuba ngibonakele kuwe ngalokho ukuba ngikumise ube yisikhonzi nofakazi walokhu kungibona kwakho nowalokhu engizakuzibonakalisa kuwe ngakho,

17ngikophule esizweni nakwabezizwe engikuthumela kubo

18 ukuvula amehlo abo ukuba basuke ebumnyameni, baphendukele ekukhanyeni, basuke emandleni kaSathane, baphendukele kuNkulunkulu, ukuze bamukeliswe ukuthethelelwa kwezono nesabelo phakathi kwabangcwelisiweyo ngokukholwa kimi.

19 Ngalokho, nkosi Agripha, angibanga ngongawulaleliyo umbono wasezulwini,

20 kodwa ngamemezela kuqala kwabaseDamaseku nakwabaseJerusalema, nakulo lonke izwe laseJudiya nakwabezizwe ukuba baphenduke, baguqukele kuNkulunkulu, benze imisebenzi efanele ukuphenduka.

21 Ngenxa yalokho abaJuda bangibamba ethempelini, balinga ukungibulala.

22 Ngitholile usizo kuNkulunkulu ngimi kuze kube kulolu suku ngifakaza kwabancane nakwabakhulu, angikhulumi lutho ngaphandle kwalokho abakukhulumile abaprofethi noMose ukuthi kuzakwenzeka,

23 ukuthi uKristu nga ehlupheka nokuthi engowokuqala ekuvukeni kwabafileyo uzakumemezela ukukhanya kuso isizwe nakwabezizwe.

24 Kwathi esaziphendulela kanjalo, uFestu wathi ngezwi elikhulu: Pawulu, uyahlanya; ukufunda okuningi kuyakuhlanyisa.

25Kepha uPawulu wathi: Angihlanyi, Festu odumileyo, kodwa ngikhuluma amazwi ayiqiniso nawokuqonda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

26 Ngokuba inkosi engikhuluma kuyo ngesibindi iyazi ngalezi zinto, ngokuba angikholwa ukuthi kukhona utho lwalokhu olufihlekile kuyo; ngokuba lokhu akwenziwanga engosini.

27Nkosi Agripha, uyakholwa ngabaprofethi na? Ngiyazi ukuthi uyakholwa.

28U-Agripha wathi kuPawulu: Kusilele kancane ungivumise ngibe ngumKristu.

29 UPawulu wayesethi: Bengingafisa kuNkulunkulu ukuba, noma kukancane noma kukakhulu, kungabi wena wedwa kodwa bonke abangizwayo namuhla babe njengami, ngaphandle kwalezi zibopho.

30Inkosi yayisisukuma nombusi noBernike kanye nababehlezi nabo;

31kwathi sebegudlukile, bakhuluma bodwa, bathi: Lo muntu akenzi lutho olufanele ukufa noma izibopho.

32 Kepha u-Agripha wathi kuFestu: Lo muntu ngabe ekhululiwe, uma ebengalidluliselanga kuKesari.

## IzEnzo 27

### UPawulu eyisiboshwa uhamba ngomkhumbi eya eRoma

1 Kwathi sekunqunyiwe ukuba siye e-Italiya ngomkhumbi, banikela uPawulu nezinye iziboshwa ezithile enduneni yekhulu, igama layo linguJuliyu, eyebutho likaKesari.

2 Sangena emkhunjini wase-Adramitiyu obusuzakuya ezindaweni zangase-Asiya, u-Aristarku umMakedoniya waseThesalonika enathi.

3 Ngangomuso safika eSidoni; uJuliyu wamphatha kahle uPawulu, wamvumela ukuba aye kubahlobo bakhe, ahlunyelelwe.

4Sasuka lapho, sagudla ngenzansi kweKhupro, ngokuba imimoya yayiphambene nathi.

5Sesidabulile ulwandle olungaseKhilikhiya nePhamfiliya safika eMira laseLikhiya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6Lapho-ke induna yafumana umkhumbi wase-Aleksandriya oqonde e-Italiya, yasingenisa kuwo.

7Sesihambe kancane izinsuku eziningi saze safika kalukhuni ngaseKinidu, umoya ungasivumeli, sagudla iKrethe maqondana neSalimone,

8sagudla lona kalukhuni, safika endaweni ethile ethiwa Matheku Mahle; eduze nayo kukhona umuzi waseLaseya.

9 Kwathi sekudlulile isikhathi eside, sekuyingozi ukuhamba ngomkhumbi, ngokuba isikhathi seNzilo sase sidlulile, uPawulu wabaluleka,

10 wathi kubo: Madoda, ngiyabona ukuthi lolu hambo luzakuba nengozi nokuchithakala okukhulu, kungabi ngokwempahla nokomkhumbi kuphela kepha nokokuphila kwethu.

11Kepha induna yekhulu yethemba umshayeli womkhumbi nomniniwo kakhulu kunalokho okwakhulunywa nguPawulu.

12Njengokuba itheku lalingalungile ukuhlala khona ebusika, iningi labo laluleka ukuba kusukwe khona, mhlawumbe kwenzeke ukuba bafinyelele eFeniksi, itheku laseKrethe elibheke entshonalanga yaseningizimu nasentshonalanga yasenyakatho, bahlale khona ebusika.

13Kuthe iningizimu isaphephetha kahle, bacabanga ukuthi sebetholile ababekuqondile, bakhuphula ihange, bagudla iKrethe.

14Kepha emva kwesikhathi esingeside kwavuka kwehla kulo umoya oyisivunguvungu othiwa i-Ewurakiloni;

15kodwa umkhumbi usududulwa ungasenakubhekana nomoya, sayeka saqhutshwa nje.

16Kwathi sigudla ngenzansi kwesiqhingana esithiwa iKlawuda, sabamba isikebhe kalukhuni;

17sebe sikhuphulile basebenzisa izinto zokusiza, bawuzongolozela umkhumbi ngezintambo; kuthe besaba ukuthi bazakukhahleleka eSirti, behlisa izindwangu zomkhumbi, baqhutshwa kanjalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Kuthe ukuba sibhengulwe kakhulu yisiphepho, ngangomuso bachitha umthwalo;

19 kwathi ngolwesithathu balahla izimpahla zomkhumbi ngezandla zabo.

20 Khona-ke ilanga nezinkanyezi zingasabonakali izinsuku eziningi, nesiphepho esingesincane siqinisa njalo, lase liphela ithemba lonke lokuba singasindiswa.

21 Sekuyisikhathi eside bengasadli lutho, uPawulu wasukuma phakathi kwabo, wathi: Madoda, ngabe nalalela mina, kanamuka eKrethe, naphepha kule ngozi nakulokhu kuchithakala.

22 Kepha manje senginiluleka ukuba nime isibindi, ngokuba akuyikufa muntu kini, umkhumbi kuphela.

23 Ngokuba ngalobu busuku bekumi ngakimi ingelosi kaNkulunkulu engingowakhe nengimkhonzayo,

24 yathi: Ungesabi, Pawulu; umelwe ukuma phambi kukaKesari; bheka, uNkulunkulu ukuphile bonke abahamba nawe emkhunjini.

25 Ngalokho yimani isibindi, madoda; ngokuba ngiyakholwa nguNkulunkulu ukuthi kuzakuba njengalokho kukhulunyiwe kimi.

26 Kepha simelwe ukukhahleleka esiqhingini esithile.

27 Kwathi ukuba kufike ubusuku beshumi nane sisazulazuliswa elwandle lwase-Adriya phakathi kobusuku, abomkhumbi bacabanga ukuthi bayasondela ezweni elithile.

28 Base bephonsa intambo yokulinganisa, bafumana kungamafatome angamashumi amabili; sebeqhubekile kancane bayiphonsa futhi, bafumana kungamafatome ayishumi nanhlanu;

29 besaba ukuthi mhlawumbe singashayeka ezindaweni ezinamadwala, baphonsa amahange amane ngasemuva, bafisa ukuba kuse.

30 Abomkhumbi sebefuna ukubaleka emkhunjini, behlisela isikebhe elwandle ngokungathi bazakuphonsa amahange enhlokweni yomkhumbi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

31uPawulu wathi enduneni yekhulu nasemabuthweni: Uma laba bengahlali emkhunjini, ningesindiswe nina.

32Khona amabutho anquma amagoda esikebhe, asidedela sawa.

33Kwathi sekuzakusa, uPawulu wabancenga bonke ukuba badle, wathi: Namuhla kulusuku lweshumi nane nilindile, nihlezi nizila, ningadli lutho.

34 Ngalokho ngiyanincenga ukuba nidle, ngokuba lokhu kungokokusinda kwenu; akuyikulahleka unwele lwekhanda nakoyedwa phakathi kwenu.

35 Eseshilo lokho wathatha isinkwa, wabonga uNkulunkulu phambi kwabo bonke, wasihlephula, waqala ukudla.

36Base bema isibindi bonke, badla nabo.

37Thina sonke esasisemkhunjini besingabantu abangamakhulu amabili namashumi ayisikhombisa nesithupha.

38Sebesuthi ukudla benza lula umkhumbi belahla ukolweni elwandle.

39Sekusile, abalazanga izwe, kepha babona itheku elithile elinesihlabathi abanquma ukuba baqhubele kulo umkhumbi, uma kungenzeka.

40Banquma amahange bawashiya elwandle, bathukulula futhi izintambo zamaphini okuqondisa, baphakamisela emoyeni indwangu ephambili, baqonda ogwini.

41Batheleka endaweni enolwandle nxazombili, baqhubela umkhumbi kuyo, inhloko yomkhumbi yagxumekeka, yema ingenakunyakaziswa, kepha ingasemuva laphulwa ngamandla amaza.

42Kepha amabutho ayehlosa ukubulala iziboshwa, funa ezinye zibaleke ngokuhlamba;

43kepha induna yekhulu ithanda ukusindisa uPawulu yawavimbela enhlosweni yawo, yayala ukuba labo abakwazi ukuhlamba baziphonse kuqala emanzini, bafike emhlabathini,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

44nabaseleyo bafike, abanye ngamapulangwe, abanye ngezinye izinto zomkhumbi. Kanjalo-ke kwenzeka ukuba bonke baphumele emhlabathini besindile.

## IzEnzo 28

### UPawulu nabanye bamukelwa kahle ngabaseMelitha

1 Kwathi sesisindile khona, sezwa ukuthi isiqhingi sithiwa iMelitha.

2Abantu bakhona basiphatha ngobubele obungavamile, ngokuba babebasa umlilo, basamukela sonke ngenxa yemvula eyayisina nangenxa yamakhaza.

3Kepha uPawulu ecakashile ixha lezinsaba, elibeka emlilweni, kwaphuma inyoka ngenxa yokushisa, yanamathela esandleni sakhe.

4Abantu bakhona sebebona isilwane silenga esandleni sakhe, bakhuluma bodwa, bathi: Ngempela lo muntu ungumbulali othi noma esindile elwandle ukuLunga akuvumi ukuba aphile.

5 Kodwa yena wasinikinela isilwane emlilweni, akaze alimala.

6 Kepha babheka ukuthi usezakuvuvuka, nokuba awe phansi masinyane, afe. Kepha sebebheka isikhathi eside, bebona ukuthi akafikelwa ngozi, baphenduka bathi ungunkulunkulu.

### UPawulu uphilisa iziguli

7Kwakukhona kuleyo ndawo izwe lesikhulu sesiqhingi, igama laso linguPhubiliyu; yena wasamukela, wasiphatha kahle izinsuku ezintathu.

8Kepha uyise kaPhubiliyu wayelele phansi ephethwe ngumkhuhlane nembo; uPawulu wangena kuye, wakhuleka, wabeka izandla phezu kwakhe, wamphilisa.

9Kwathi lokho sekwenzekile, beza nabanye abasesiqhingini abanezifo, baphulukiswa,

10basitusa ngokutusa okuningi; kwathi mhla simuka ngomkhumbi, basinika esikudingayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Emva kwezinyanga ezintathu sase simuka ngomkhumbi wase-Aleksandriya
owawudlulisa ubusika esiqhingini, uphawu lwawo lungolwamaWele.

12Sangena eSirakhuse, sahlala izinsuku ezintathu;

13sasuka lapho, sagwegwesa, safika eRegiyu. Sekudlule usuku lwaba lunye,
kwavuka iningizimu, safika ePhutheyoli ngosuku lwesibili.

### UPawulu ufika eRoma

14Safumana khona abazalwane, sancengwa ukuba sihlale nabo izinsuku
eziyisikhombisa; kanjalo safika eRoma.

15Abazalwame sebezwile ngathi basuka khona, beza ukusihlangabeza baze
bafika e-Aphiyo Foru naseTresi Thaberne; uPawulu ebabona wabonga
uNkulunkulu, wema isibindi.

16Sesifikile eRoma, uPawulu wavunyelwa ukuhlala yedwa enebutho
elimlindayo.

17 Kwathi emva kwezinsuku ezintathu wabizela ndawonye kuye abakhulu
babaJuda; sebebuthene, wathi kubo: Madoda, bazalwame, noma mina
ngingenzanga lutho oluphambene nesizwe namasiko awobaba, nokho
ngasuswa eJerusalema ngiyisiboshwa, nganikelwa ezandleni zamaRoma;

18 wona esengihlolile afuna ukungikhulula, ngokuba kungekho cala kimi
lokuba ngife;

19 kepha abaJuda bekuphikisa, ngacindezelwa ukuba ngilidlulisele kuKesari,
kungesikho ukuthi ngisimangalela isizwe sakithi ngalutho.

20 Ngakho ngaleso sizathu nginibizele lapha ukuba nginibone, ngikhulume
nani; ngokuba ngenxa yethemba lika-Israyeli ngiboshiwe ngaleli ketanga.

21Base bethi kuye: Thina asamukelanga ncwadi ngawe evela eJudiya,
akufikanga namuntu wabazalwane ukubika nokukhuluma utho olubi ngawe.

22 Kepha sithi kufanele sizwe kuwe okucabangayo, ngokuba siyazi ngaleli
hlelo ukuthi liyaphikiswa ezindaweni zonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 Khona sebemmisele usuku beza kuye endlini yakhe bebaningi, wabachasisela efakaza ngombuso kaNkulunkulu, wabaqondisa ngoJesu ethathela emthethweni kaMose nakubaprofethi, kusukela ekuseni kwaze kwahlwa.

24 Abanye baneliswa ngokwakhulunywayo, abanye abakholwanga;

25 kwathi ukuba bangezwani bodwa, bamuka, uPawulu esekhuluma izwi labalinye lokuthi: Wakhuluma kahle uMoya oNgcwele ngo-Isaya umprofethi koyihlo

26 ngokuthi: Hamba uye kulesi sizwe, uthi: Ngokuzwa niyakuzwa, ningaze naqonda, nangokubona niyakubona, ningaze nabonisisa,

27 ngokuba inhliziyo yalesi sizwe seyaba buthuntu; bezwa kanzima ngezindlebe, amehlo abo bawacimezile, funa mhlawumbe babone ngamehlo, bezwe ngezindlebe, baqonde ngenhliziyo, baphenduke, ngibaphilise.

28 Ngakho-ke makwazeke kini ukuthi le nsindiso kaNkulunkulu ithunyelwe kwabezizwe; bona-ke bayakuzwa.

29 Kwathi eseshilo lokho, abaJuda baphuma benokuphikisana okukhulu phakathi kwabo.

30 Kepha uPawulu wahlala iminyaka emibili egcwele endlini yakhe ayiqashileyo, wamukela bonke abeza kuye,

31 washumayela umbuso kaNkulunkulu, wafundisa ngaso sonke isibindi izindaba zeNkosi uJesu Kristu, enganqatshelwa muntu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# KwabaseRoma

## KwabaseRoma 1

### Isibingelelo

1 UPawulu, inceku kaKristu Jesu, umphostoli obiziweyo nowahlukaniselwe ivangeli likaNkulunkulu,

2 alethembisa ngaphambili ngababaprofethi bakhe emibhalweni engcwele

3 mayelana neNdodana yakhe eyavela enzalweni kaDavide ngokwenyama,

4 eyabonakaliswa ngamandla ukuthi iyiNdodana kaNkulunkulu ngokoMoya wobungcwele ngokuvuka kwabafileyo, uJesu Kristu iNkosi yethu

5 esamukela ngaye umusa nobuphostoli kube ngukulalela kokukholwa ezizweni zonke ngenxa yegama lakhe,

6 enikuzo nani eningababiziweyo bakaJesu Kristu,

7kubo bonke abathandiweyo bakaNkulunkulu abaseRoma, ababiziweyo, abangcwele: Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu naseNkosini uJesu Kristu.

### Isifiso sikaPawulu ukushumayela ivangeli eRoma

8 Kuqala-ke ngibonga uNkulunkulu wami ngoJesu Kristu ngani nonke, ngokuba ukukholwa kwenu kunconywa ezweni lonke.

9Ngokuba uNkulunkulu, engimkhonza emoyeni wami ngevangeli leNdodana yakhe, ungufakazi wami wokuthi ngokungaphezi ngiyanikhumbula

10njalo emikhulekweni yami, nginxusa ukuba, uma kungenzeka ngentando kaNkulunkulu, ngiphumelele ukufika kini.

11 Ngokuba ngilangazelela ukunibona ukuze nginabele isipho esithile somusa sokomoya ukuba niqiniswe,

12 okungukuthi siduduzane kanye nani phakathi kwenu ngokukholwa kwethu okwenu nokwami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Angithandi, bazalwane, ukuba ningazi ukuthi ngazimisela kaningi ukuza kini, kepha ngathiyeka kuze kube manje ukuba nakini ngibe nezithelo njengakwezinye izizwe.

14 Nginecala kumaGreki nakwabezizwe, kwabahlakaniphileyo nakwabangaqondiyo;

15 kanjalo mina ngokwami nginesifiso sokushumayela ivangeli nakinina baseRoma.

16 Ngokuba anginamahloni ngevangeli; ngokuba lingamandla kaNkulunkulu, kube yinsindiso kulowo nalowo okholwayo, kumJuda kuqala, nakumGreki.

17 Ngokuba ukulunga kukaNkulunkulu kwambulwa kulo, kuvela ekukholweni, kuyisa ekukholweni, njengokulotshiweyo ukuthi: Olungileyo uzakuphila ngokukholwa.

### Intukuthelo kaNkulunkulu ngezono zabezizwe

18 Ngokuba intukuthelo kaNkulunkulu yambulwa ivela ezulwini phezu kwakho konke ukungamesabi uNkulunkulu nokungalungi kwabantu abathiya iqiniso ngokungalungi,

19 ngokuba lokho okwazekayo ngoNkulunkulu kusobala phakathi kwabo; ngokuba uNkulunkulu ukubonakalisile kubo.

20 Ngokuba okungabonwayo kwakhe, kuthi amandla akhe aphakade nobuNkulunkulu bakhe kubonakala kwasekudalweni kwezwe, ngokuba kuqondakala ngezenzo zakhe, ukuze bangabi nakuzilandulela,

21 ngokuba kuthe bemazi uNkulunkulu, kabamdumisanga, kabambonganga njengoNkulunkulu, kodwa balutheka ekuzindleni kwabo; inhliziyo yabo engaqondiyo yaba mnyama.

22 Bezisho ukuthi bahlakaniphile baba yiziwula,

23 nenkazimulo kaNkulunkulu ongabhubhiyo bayiguqula ifane nomfanekiso womuntu obhubhayo, owezinyoni, nowezilwane ezinezinyawo ezine nezinwabuzelayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

24 Ngalokho uNkulunkulu wabanikela ezinkanukweni zezinhliziyo zabo kukho ukungcola, bahlazisane imizimba yabo,

25baguqule iqiniso likaNkulunkulu, balenza amanga; bahlonipha, bakhonza okudaliweyo kunoMdali ongobongekayo kuze kube phakade. Amen.

26 Ngenxa yalokho uNkulunkulu wabanikela ekuhuhekeni okuyihlazo; ngokuba abesifazane babo baguqula ukwenza okwemvelo kwaba ngokuphambene nemvelo;

27 ngokunjalo nabesilisa bayeka ukwenza kwemvelo kowesifazane, basha ngokukhanukelana, abesilisa benza okuyichilo kwabesilisa, bezitholela umvuzo ofanele ukuduka kwabo.

28Nanjengalokho bengakunakanga ukumazi uNkulunkulu, uNkulunkulu wabanikela engqondweni yokunganaki ukwenza okungafanele,

29begcwele konke ukungalungi, nokonakala, nesangabe, nobubi; begcwele umhawu, nokubulala, nokuphikisana, nenkohliso, nobuqili, nokuhleba;

30beyizinyevuzi, nabazonda uNkulunkulu, nezidlova, nabazidlayo, nabazigabisayo, nabaqambi bokubi, nabangalaleli abazali,

31nabangenangqondo, nabangathembekile, nabangenaluthando, nabangenasihawu,

32 abathi besazi isimiso sokulunga sikaNkulunkulu sokuthi abenza okunjalo bafanele ukufa, abenzi lokho kuphela, kodwa babuye bavumelana nabakwenzayo.

## KwabaseRoma 2

### Bonke abantu baphansi kokwahlulela kukaNkulunkulu, abaJuda nabahedeni

1 Ngakho awunakuzilandulela wena muntu, noma ungubani owahlulelayo, ngokuba ngalokho owahlulela ngakho omunye uyazilahla wena, ngokuba wena owahlulelayo uyakwenza khona lokho nawe.

2Siyazi ukuthi ukwahlulela kukaNkulunkulu ngokweqiniso kubehlela abenza okunjalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3Ucabanga lokho yini wena muntu owahlulela abenza okunjalo, ubukwenza
nawe, ukuthi uyakubalekela ukwahlulela kukaNkulunkulu na?

4 Kumbe uyayidelela yini ingcebo yobumnene, neyokubekezela, neyenyewe
yakhe, ungazi ukuthi ubumnene bukaNkulunkulu bukuyisa ekuphendukeni
na?

5 Kepha ngobulukhuni bakho nangenhliziyo engaphendukiyo uzibekelela
ulaka ngosuku lolaka nolokwambulwa kokwahlulela okulungileyo
kukaNkulunkulu

6 oyakuvuza yilowo nalowo ngokwemisebenzi yakhe:

7 labo abafuna ngokukhuthazela ekwenzeni okuhle inkazimulo nodumo
nokungabhubhi bothola ukuphila okuphakade;

8kepha labo abanombango bengalaleli iqiniso, belalela ukungalungi, bothola
ulaka nentukuthelo.

9 Usizi nokubandezeka kuyakwehlela imiphefumulo yabantu bonke abenza
okubi, umJuda kuqala, nomGreki futhi;

10 kepha inkazimulo nodumo nokuthula kubo bonke abenza okuhle, kumJuda
kuqala, nakumGreki futhi.

11 Ngokuba akukho ukukhetha umuntu kuNkulunkulu.

12Ngokuba bonke abonileyo bengenamthetho bayakubhubha
bengenamthetho; kepha bonke abonileyo benomthetho bayakwahlulelwa
ngomthetho;

13 ngokuba akusibo abezwayo umthetho abangabalungile phambi
kukaNkulunkulu, kepha abenzayo umthetho yibona abayakulungisiswa.

14 Ngokuba nxa abezizwe abangenawo umthetho ngokwemvelo benza
okomthetho, laba, bengenawo umthetho, bangumthetho wabo ngokwabo,

15 babonakalisa ukuthi umsebenzi womthetho ulotshiwe ezinhliziyweni zabo,
nonembeza wabo uyafakaza naye, imicabango yabo imangalelana noma
ivunana,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 ngosuku uNkulunkulu ayakwahlulela ngalo okufihliweyo kwabantu ngokwevangeli lami ngoKristu Jesu.

### Umthetho awusizi lutho, uma ungagcinwa

17 Kepha uma uthiwa ungumJuda, wethemba umthetho, uzibonga ngoNkulunkulu,

18 wazi intando yakhe, ukhetha okungcono, ungofundisiwe emithethweni,

19 uzethembile wena ukuthi ungumholi wezimpumputhe, ungukukhanya kwabasebumnyameni,

20 umyali weziwula nomfundisi wezingane, unakho ukuma kokwazi nokweqiniso emthethweni,

21 wena-ke ofundisa omunye, awuzifundisi wena na? Wena oshumayela ukuthi akungebiwa, uyeba na?

22 Wena othi akungaphingwa, uyaphinga na? Wena owenyanya isithombe, uphanga ithempeli na?

23 Wena ozibonga ngomthetho, udumaza uNkulunkulu ngokweqa umthetho na?

24 Ngokuba igama likaNkulunkulu liyahlanjalazwa phakathi kwabezizwe ngenxa yenu, njengalokho kulotshiwe.

### Ukusoka kufanele kube ngukusoka kwenhliziyo

25 Ngokuba ukusoka kuyasiza kambe, uma ugcina umthetho; kepha uma ungumeqi womthetho, ukusoka kwakho kuphenduka ukungasoki.

26 Ngakho-ke uma ongasokile egcina izimiso zomthetho, ukungasoki kwakhe akuyikubalwa ukuthi kungukusoka na?

27 Khona ongasokile ngokwemvelo, egcina umthetho, uzakwahlulela wena othi unombhalo nokusoka, weqe umthetho.

28 Ngokuba umJuda kakusiye onguye ngokubonwayo, nokusoka akusikho okubonwa enyameni;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29 kodwa umJuda yilowo onguye ngaphakathi, nokusoka kungokwenhliziyo, ngomoya kungengegama, okutuswa kwakhe kungaveli kubantu kepha kuNkulunkulu.

## KwabaseRoma 3

### AbaJuda banelungelo kunabanye, ngokuba banikiwe umthetho

1Ngalokho kuyini umJuda adlula abanye ngakho na? Kukho, ukusoka kunokusiza kuni na?

2 Kukhulu ngezindlela zonke. Kuqala ngokuba baphathisiwe amazwi kaNkulunkulu.

3 Kunjani pho? Uma abanye bengakholwanga, ukungakholwa kwabo kuyakwenza ize ukukholeka kukaNkulunkulu na?

4 Qha nakanye; kepha makube ngukuthi: UNkulunkulu uqinisile, wonke umuntu ungumqambimanga, njengokuba kulotshiwe ukuthi: Ukuze uthiwe ungolungileyo emazwini akho, unqobe ekwahlulelweni kwakho.

5 Kepha uma ukungalungi kwethu kubonakalisa ukulunga kukaNkulunkulu, siyakuthini na? Imbala uNkulunkulu ungongalungile yini owehlisa ulaka na? Ngikhulumisa okomuntu.

6 Qha nakanye, ngokuba uNkulunkulu uyakulahlulela kanjani izwe, pho, na?

7Kepha uma iqiniso likaNkulunkulu lavama ngamanga ami, kube yinkazimulo yakhe, ngisahlulelelwani futhi mina njengesoni na?

8 Kungabi ngukuthi, njengalokhu sihlanjalazwayo nanjengalokhu abanye bathi siyasho ukuthi asenze okubi, ukuze kuvele okuhle na? Ukulahlwa kwabo kubafanele.

### AbaJuda banesono njengabanye

9 Kunjani kanti? Siyabadlula na? Qha nakanye, ngokuba bese sibamangalele abaJuda namaGreki ngokuthi bonke baphansi kwesono,

10 njengokuba kulotshiwe ukuthi: Akakho olungileyo, akakho noyedwa;

11akakho oqondayo, akakho ofuna uNkulunkulu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12bonke baphambukile, baphenduke imbuqa bonkana; akakho owenza okuhle, akakho noyedwa.

13 Umphimbo wabo uyiliba elivulekileyo, ngezilimi zabo bayakhohlisa, isihlungu sezinyoka siphansi kwezindebe zabo;

14 umlomo wabo ugcwele ukuthuka nokubaba;

15 izinyawo zabo zishesha ukuchitha igazi,

16incithakalo nosizi kusezindleleni zabo,

17indlela yokuthula abayazi.

18 Ukwesaba uNkulunkulu akukho phambi kwamehlo abo.

19 Kepha siyazi ukuthi lokhu okushoyo umthetho ukukhuluma kubo abasemthethweni ukuba yonke imilomo ivinjwe, izwe lonke libe necala kuNkulunkulu,

20 ngokuba ngemisebenzi yomthetho akukho nyama eyakulungisiswa phambi kwakhe; ngokuba ngomthetho kukhona ukwazi isono.

### Umuntu ulungisiswa ngoJesu Kristu

21 Kepha manje kubonakalisiwe ukulunga okuvela kuNkulunkulu ngaphandle komthetho, kufakazelwa ngumthetho nabaprofethi,

22ngisho ukulunga kukaNkulunkulu ngokukholwa nguJesu Kristu kubo bonke abakholwayo; ngokuba akukho mahluko;

23 ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu;

24 balungisisiwe ngesihle ngomusa wakhe ngokuhlengwa okukuKristu Jesu,

25 ammisileyo uNkulunkulu abe yinhlawulo ngokukholwa egazini lakhe, kubonakaliswe ukulunga kwakhe ngokuyekelwa kwezono ezenziwe ngaphambili

26ekubekezeleni kukaNkulunkulu, ukuba kubonakaliswe ukulunga kwakhe esikhathini samanje, ukuze yena abe ngolungileyo, abe ngumlungisisi walowo okholwa nguJesu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

27 Ngakho kuphi ukuzibonga na? Kuvalelwe phandle. Ngamthetho muni na? Ngowemisebenzi na? Qhabo, kodwa ngomthetho wokukholwa.

28 Ngakho-ke sithi umuntu ulungisiswa ngokukholwa ngaphandle kwemisebenzi yomthetho.

29Kumbe uNkulunkulu ungowabaJuda kuphela na? Kasiye nowabezizwe na? Yebo, nowabezizwe,

30 uma impela uNkulunkulu emunye oyakulungisisa abasokileyo ngokukholwa nabangasokile ngokukholwa.

31 Ngakho-ke umthetho siwenza ize ngenxa yokukholwa na? Qha nakanye, kodwa siyawuqinisa umthetho.

## KwabaseRoma 4

### U-Abrahama walungisiswa ngokukholwa

1Ngakho-ke siyakuthi uzuzeni u-Abrahama, ukhokho wethu, ngokwenyama na?

2Ngokuba uma u-Abrahama walungisiswa ngemisebenzi, unakho ukuzibonga; kodwa phambi kukaNkulunkulu qha.

3 Ngokuba umbhalo uthini na? Uthi: Kepha u-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, kwambalelwa ukuthi kungukulunga.

4 Kepha kosebenzayo umvuzo awubalelwa ngokomusa kodwa ngokwemfanelo;

5kepha kongasebenziyo, kodwa ekholwa nguye olungisisa ongamesabi uNkulunkulu, ukukholwa kwakhe kubalelwa yena ukuthi kungukulunga,

6njengalokhu noDavide esho ngokubusiswa komuntu uNkulunkulu ambalela ukulunga ngaphandle kwemisebenzi, ethi:

7 Babusisiwe abathethelelwe izeqo zabo, nabazono zabo zisitshekelwe;

8ubusisiwe umuntu iNkosi engayikumbalela isono. U-Abrahama wamukeliswa isithembiso ngokukholwa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ngakho-ke lokhu kubusiswa kuqondene nabasokile noma nabangasokile na? Ngokuba sithi: Ukukholwa kwabalelwa u-Abrahama ukuthi kungukulunga.

10 Pho, kwabalelwa kanjani na? Esesokile yini noma engakasoki na? Akubanga esesokile, kodwa engakasoki.

11 Wasamukela isibonakaliso sokusoka, sibe luphawu lokulunga kokukholwa ayenakho engakasoki, ukuba abe nguyise wabo bonke abakholwayo bengasokile, ukuze ukulunga kubalelwe kubona,

12 futhi abe nguyise wabasokileyo, kungabi ngowabasokileyo kuphela, kepha nowabo abahamba emkhondweni wokukholwa ubaba u-Abrahama ayenakho engakasoki.

13 Ngokuba isithembiso sokuthi uyakuba yindlalifa yezwe asinikwanga u-Abrahama nenzalo yakhe ngawo umthetho kodwa ngokulunga kokukholwa.

14 Ngokuba uma izindlalifa ziyizo ngawo umthetho, ukukholwa kwenziwe ize, nesithembiso asiselutho;

15 ngokuba umthetho ubanga intukuthelo, kepha lapho kungekho khona umthetho, akukho nakweqa.

16 Ngalokho kuya ngokukholwa ukuba kube ngokomusa, ukuze isithembiso siqiniseke enzalweni yonke, kungabi kweyomthetho yodwa kodwa nakuleyo engeyokukholwa kuka-Abrahama ongubaba wethu sonke,

17 njengokulotshiweyo ukuthi: Ngikumisile ube nguyise wezizwe eziningi phambi kwalowo Nkulunkulu akholwa nguye, yena ophilisa abafileyo nobiza okungekho ngokungathi kukhona,

18 owathi kungekho themba wakholwa ngethemba, ukuze abe nguyise wezizwe eziningi, njengalokho okwashiwo ukuthi: Yoba njalo inzalo yakho;

19 engabanga buthakathaka ekukholweni wabona umzimba wakhe obusufa, eneminyaka engaba ngeyikhulu, nesizalo sikaSara sifile;

20 akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina ekukholweni, enika uNkulunkulu udumo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 eqinisekile ukuthi lokho akwethembisile unamandla nokukwenza.

22 Ngalokho-ke kwabalelwa yena ukuthi kungukulunga.

23 Kepha akulotshwanga ngenxa yakhe yedwa ukuthi kwabalelwa yena,

24 kodwa nangenxa yethu esiyakubalelwa khona, thina esikholwa nguye
owavusa uJesu iNkosi yethu kwabafileyo,

25 owanikelwa ngenxa yeziphambeko zethu, wavuswa ngenxa yokulungisiswa
kwethu.

## KwabaseRoma 5

### Izithelo zokulunga

1 Ngakho lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu
ngeNkosi yethu uJesu Kristu,

2 okungaye sinokungena ngokukholwa kulo musa esimi kuwo, siyazibonga
ekwethembeni inkazimulo kaNkulunkulu.

3 Kepha akusikho lokho kuphela, kodwa sizibonga nangezinhlupheko
ngokwazi ukuthi ukuhlupheka kuveza ukukhuthazela,

4 ukukhuthazela kuveza ukuqiniseka, ukuqiniseka kuveza ithemba;

5 ithemba alijabhisi, ngokuba uthando lukaNkulunkulu lutheliwe
ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele esimuphiweyo.

6 Ngokuba sisebuthakathaka, uKristu wafela abangamesabi uNkulunkulu
ngesikhathi esifaneleyo;

7 ngokuba cishe kungenzeki ukuba umuntu afele olungileyo, kodwa
mhlawumbe kungase kube khona ongaba nesibindi sokufela omuhle;

8 kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi,
siseyizoni, uKristu wasifela.

9 Ngakho kakhulu sesilungisisiwe ngegazi lakhe, siyakusindiswa ngaye
olakeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Ngokuba uma sathola ukubuyisana noNkulunkulu ngokufa kweNdodana
yakhe sise yizitha, ikakhulu siyakusindiswa ngokuphila kwayo sesitholile
ukubuyisana;

11 kepha akusikho lokho kuphela, kodwa sizibonga futhi ngoNkulunkulu
ngeNkosi yethu uJesu Kristu, esesamukelisiwe ngaye ukubuyisana.

### Isono nokufa kwafika ngo-Adamu

12 Ngakho-ke njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye,
nangesono kwangena ukufa, ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu
bonke bonile;

13 ngokuba isono sasikhona ezweni kungakabikho umthetho, kepha isono
asibalelwa ungekho umthetho;

14 nokho ukufa kwabusa kusukela ku-Adamu kwaze kwaba kuMose, naphezu
kwabangonanga ngendlela yeseqo sika-Adamu oyisifanekiso sakhe
obeyakuza.

### Ukulunga nokuphila kwafika ngoJesu

15 Kepha isipho somusa asinjengesiphambeko; ngokuba uma ngesiphambeko
samuntu munye abaningi bafa, ikakhulu kwavama kwabaningi umusa
nesipho sikaNkulunkulu ngomusa wamuntu munye, uJesu Kristu.

16 Isipho asinjengokona kwalowo emunye, ngokuba uma ukwahlulela kwaba
ngoyedwa kube ngukulahlwa, isipho somusa sona-ke saba ngeziphambeko
eziningi kube ngukulungisiswa.

17 Ngokuba uma ngesiphambeko samuntu munye ukufa kwabusa ngalowo
emunye, ikakhulu abamukela ukuvama komusa nokuvama kwesipho
sokulunga bayakubusa ekuphileni ngalowo emunye, uJesu Kristu.

18 Ngalokho-ke njengokuba ngasiphambeko sinye kwaba khona ukulahlwa
kubantu bonke, kanjalo ngasenzo sinye sokulunga kwaba khona
ukulungisiswa kukho ukuphila kubantu bonke;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

19 ngokuba njengalokho ngokungalaleli kwamuntu munye abaningi benziwa
izoni, kanjalo ngokulalela kwamuntu munye abaningi bayakwenziwa
abalungileyo.

20 Kepha umthetho wangena ukuba isiphambeko sande; kodwa lapho
kwavama khona isono, umusa wavama kakhulukazi,

21ukuze njengalokho isono sabusa ngokufa, nomusa ubuse kanjalo
ngokulunga, kube ngukuphila okuphakade ngoJesu Kristu iNkosi yethu.

## KwabaseRoma 6

### UNkulunkulu akasenzeli umusa ukuba sihlale esonweni, kodwa ukuba sinqobe isono, simkhonze ekulungeni

1Ngakho siyakuthini na? Sihlale esonweni, ukuze kuvame umusa na?

2 Qha nakanye. Thina esafa maqondana nesono singabuye sihambe kanjani
kuso na?

3 Kumbe anazi yini ukuthi sonke esabhapathizelwa kuKristu Jesu,
sabhapathizelwa kukho ukufa kwakhe na?

4 Ngakho sembelwa naye ngokubhapathizelwa kukho ukufa ukuba
njengalokho uKristu wavuswa kwabafileyo ngenkazimulo kaYise, kanjalo
nathi sihambe ekuphileni okusha.

5 Ngokuba uma sihlanganisiwe kanye naye ngokufa okufananayo, siyakuba
njalo nangokuvuka,

6 sazi lokhu ukuthi umuntu wethu omdala wabethelwa kanye naye
esiphambanweni, ukuze umzimba wesono wenziwe ize, singabe sisakhonza
isono,

7ngokuba ofileyo ukhululiwe esonweni.

8 Kepha uma safa kanye noKristu, siyakholwa ukuthi siyakuphila futhi kanye
naye,

9 sazi ukuthi uKristu esevusiwe kwabafileyo akasafi, ukufa akusabusi phezu
kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Ngokuba ukufa, afa ngakho, wakufa kanye nje ngenxa yesono; kepha ukuphila akuphilayo ukuphilela uNkulunkulu.

11 Kanjalo nani manizisho ukuthi ningabafileyo maqondana nesono, kodwa niphilele uNkulunkulu kuKristu Jesu.

12Ngakho makungabusi isono emzimbeni wenu ofayo, nize nilalele izinkanuko zawo;

13 futhi ninganikeli izitho zenu esonweni, zibe yizikhali zokungalungi, kodwa zinikeleni nina kuNkulunkulu njengabaphilayo bevukile kwabafileyo nezitho zenu kuNkulunkulu, zibe yizikhali zokulunga,

14 ngokuba isono asiyikubusa phezu kwenu; ngokuba aniphansi komthetho, kepha niphansi komusa.

15Kunjani, pho, na? Siyakona ngokuba singephansi komthetho kodwa phansi komusa na? Qha nakanye.

16 Anazi yini ukuthi lowo enizinikela kuye ukuba nibe yizinceku zokumlalela, niyizinceku zakhe enimlalelayo, noma ezesono kube ngukufa noma ezokulalela kube ngukulunga, na?

17Kepha makabongwe uNkulunkulu ukuthi nina enaniyizinceku zesono senilalela ngenhliziyo indlela yesifundiso enanikelwa kuyo

18 nokuthi, senikhululiwe esonweni, naba yizinceku zokulunga.

19Ngikhulumisa okomuntu ngenxa yobuthakathaka benyama yenu. Ngokuba njengalokho nanikela izitho zenu zibe yizinceku zamanyala nezokungalungi kwaba ngukungalungi, kanjalo nikelani manje izitho zenu zibe yizinceku zokulunga kube ngukungcweliswa.

20Ngokuba lapho nise yizinceku zesono, nanikhululekile maqondana nokulunga.

21 Ngaleso sikhathi naninezithelo zini na? Eseninezinhloni ngakho manje; ngokuba ukugcina kwalokho kungukufa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

22 Kepha manje, senikhululiwe esonweni naba ngabakhonza uNkulunkulu, ninazo izithelo zenu kube ngukungcweliswa nasekugcineni ukuphila okuphakade.

23 Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu.

## KwabaseRoma 7

### Ukukhululeka emthethweni

1Kanti anazi yini, bazalwane, ngokuba ngikhuluma kwabawazi umthetho, ukuthi umthetho uyabusa phezu komuntu ngesikhathi sonke esekhona na?

2 Ngokuba owesifazane oganileyo uboshelwe ngomthetho endodeni isekhona; kepha nxa indoda isifile, ukhululiwe emthethweni wendoda.

3Ngalokho-ke lapho indoda isekhona, uyakuthiwa isiphingi, uma eba ngowenye indoda; kepha nxa indoda isifile, ukhululekile emthethweni, angebe yisiphingi, uma eba ngowenye indoda.

4 Kanjalo nani bazalwane bami, nani naba ngabafileyo maqondana nomthetho ngomzimba kaKristu ukuba nibe ngabomunye, lowo owavuswa kwabafileyo, ukuze sithelele uNkulunkulu izithelo.

5 Ngokuba kwathi sisenyameni, ukuhuheka kwezono okwavela ngomthetho kwasebenza ezithweni zethu ukuthelela ukufa izithelo;

6 kepha kalokhu sikhululiwe emthethweni, sifile maqondana nalokho esasibanjwa yikho ukuba sikhonze emoyeni omusha, kungesegameni elidala.

### Umthetho nesono

7 Ngakho siyakuthini na? Umthetho uyisono na? Qha nakanye; kepha bengingasazanga isono, uma bekungengomthetho; ngokuba ukufisa bengingakwazanga, uma umthetho ubungashongo ukuthi: Ungafisi;

8kepha isono sathola ithuba ngomyalo, sasebenza kimi ukufisa konke; ngokuba ngaphandle komthetho isono sifile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Mina-ke ngake ngahamba ngaphandle komthetho; kepha kwathi ukuba kufike umyalo, savuka isono,

10 ngafa mina; umyalo obungowokuphila wona wafunyanwa ungowokufa kimi,

11ngokuba isono, sithola ithuba ngomyalo, sangikhohlisa, sangibulala ngawo.

12 Ngakho-ke umthetho ungcwele, nomyalo ungcwele, ulungile, muhle.

13Pho, okuhle kwaba ngukufa kimi na? Qha nakanye; kepha isono, ukuba sibonakale ukuthi siyisono, sangibangela ukufa ngakho okuhle, ukuze isono ngawo umyalo sibe ngesonayo kakhulu.

### Ubugqila bomuntu phansi komthetho

14 Ngokuba siyazi ukuthi umthetho ungowomoya; kepha mina ngingowenyama, othengisiwe phansi kwesono.

15 Ngokuba engikwenzayo angikuqondi; ngokuba engikwenzayo akusikho lokho engikuthandayo; kodwa lokho engikuzondayo, yikho engikwenzayo.

16Kepha uma ngenza lokho engingakuthandiyo, ngiyawuvumela umthetho ukuthi muhle.

17Kodwa kalokhu akuseyimi engikwenzayo, kodwa yisono esihlala kimi.

18 Ngokuba ngiyazi ukuthi kimi, kungukuthi enyameni yami, akuhlali okuhle; ngokuba intando ikhona kimi, kodwa ukwenza okuhle akukho,

19ngokuba okuhle engikuthandayo angikwenzi, kodwa okubi engingakuthandiyo lokho ngiyakwenza.

20Uma-ke ngenza lokho engingakuthandiyo akuseyimi engenza lokho, kodwa yisono esihlala kimi.

21Ngalokho ngifumana kimina engithanda ukwenza okuhle umthetho wokuthi kukhona okubi kimi,

22ngokuba ngiwenamela umthetho kaNkulunkulu ngokomuntu ongaphakathi,

23 kepha ngibona omunye umthetho ezithweni zami olwayo nomthetho wengqondo yami, ungithumbela emthethweni wesono osezithweni zami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Wo! mina muntu wosizi, ngubani oyakungikhulula kulo mzimba wokufa na?

25Makabongwe uNkulunkulu ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Ngalokho-ke mina ngokwami ngikhonza umthetho kaNkulunkulu ngengqondo kepha umthetho wesono ngenyama.

## KwabaseRoma 8

### Okholwayo usindiswa ekulahlweni, ahambe ngokukaMoya

1 Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu.

2 Ngokuba umthetho kaMoya wokuphila okuKristu Jesu ungikhululile emthethweni wesono nowokufa.

3 Ngokuba lokho okwehlula umthetho, ngokuba ungenamandla ngenxa yenyama, wakwenza uNkulunkulu ngokuthuma iNdodana yakhe ifana nenyama yesono, nangenxa yesono walahla isono enyameni,

4 ukuze umyalo womthetho ugcwaliseke kithina esingahambi ngokwenyama kepha ngokukaMoya.

5 Ngokuba abokwenyama banaka okwenyama, kepha abakaMoya banaka okukaMoya.

6 Ngokuba ukunaka kwenyama kungukufa, kepha ukunaka kukaMoya kungukuphila nokuthula.

7 Ngokuba ukunaka kwenyama kungubutha kuNkulunkulu; ngokuba akuwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, yebo, futhi kungekwenze;

8abasenyameni abanakumthokozisa uNkulunkulu.

9 Kepha nina anisenyameni, kodwa nikuye uMoya, uma uMoya kaNkulunkulu ehlala kini. Kepha uma umuntu engenaye uMoya kaKristu, lowo kasiye owakhe.

10 Uma uKristu ekini, umzimba ufile ngenxa yesono, kepha umoya ungukuphila ngenxa yokulunga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Uma-ke uMoya walowo owavusa uJesu kwabafileyo ehlala kini, yena owavusa uKristu Jesu kwabafileyo uyakuphilisa nemizimba yenu efayo ngaye uMoya wakhe ohlala kini.

12Ngalokho-ke, bazalwane, asinacala kuyo inyama lokuba sihambe ngokwenyama.

13Ngokuba uma nihamba ngokwenyama, nizakufa; kepha uma nibulala imisebenzi yomzimba ngoMoya, nizakuphila.

14Ngokuba bonke abaholwa nguMoya kaNkulunkulu, labo bangabantwana bakaNkulunkulu.

15 Ngokuba anamukeliswanga umoya wobugqila ukuba nibuye nesabe, kepha namukeliswa umoya wobuntwana esimemeza ngaye sithi: Aba, Baba!

16 Yena lowo Moya ufakaza kanye nomoya wethu ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu.

17 Uma-ke singabantwana, siyizindlalifa futhi, izindlalifa zikaNkulunkulu, izindlalifa kanye noKristu, uma phela sihlupheka kanye naye, ukuze siphiwe inkazimulo futhi kanye naye.

**Abantwana bakaNkulunkulu bayakungena ebukhosini emva kwezinhlupheko**

18 Ngokuba ngithi izinhlupheko zesikhathi samanje azinakulinganiswa nenkazimulo eyakwambulwa kithina.

19Ngokuba ukulangazela kokudaliweyo kulindele ukwambulwa kwabantwana bakaNkulunkulu.

20 Ngokuba okudaliweyo kwabekwa phansi kobuze, kungengentando yakho kodwa ngaye owakubekayo,

21 ethembeni lokuthi nakho okudaliweyo kuyakukhululwa ebugqileni bokubhubha, kube ngukukhululeka kwenkazimulo yabantwana bakaNkulunkulu.

22Ngokuba siyazi ukuthi konke okudaliweyo kuyabubula kanyekanye kunezinseka kuze kube manje;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 akusikho lokho kuphela, kepha nathi uqobo lwethu esinolibo lukaMoya siyabubula phakathi kwethu, silindele isimo sobuntwana, ukukhululwa komzimba wethu.

24 Ngokuba ethembeni sisindisiwe; kepha ithemba elibonwayo alisilo ithemba; ngokuba lokhu umuntu akubonayo usakwethembelani na?

25 Kodwa uma sithemba lokho esingakuboniyo, siyakulindela ngokubekezela.

26 Ngokunjalo noMoya uyasisiza ebuthakathakeni bethu; ngokuba asikwazi esingakucela ngokufaneleyo, kodwa uMoya uqobo usikhulumela ngokububula okungenakuphinyiselwa;

27 kepha yena ohlola izinhliziyo uyakwazi okuqondwa nguMoya, ngokuba ukhulumela abangcwele ngokwentando kaNkulunkulu.

28 Siyazi ukuthi kwabamthandayo uNkulunkulu konke kusebenzelana kube ngokuhle, kulabo ababiziweyo ngecebo lakhe.

29 Ngokuba labo ayebazi ngaphambili wabamisa ngaphambili, bafane nesimo seNdodana yakhe, ukuze yona ibe yizibulo phakathi kwabazalwane abaningi;

30 labo abamisile ngaphambili ubabizile futhi; labo ababizile ubalungisisile futhi; labo abalungisisileyo ubaphile nenkazimulo futhi.

**Umuntu unqoba ngaye uJesu**

31 Sesiyakuthini ngalokho na? Uma uNkulunkulu emi ngakithi, ngubani ongamelana nathi na?

32 Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, kungaba kanjani ukuba angasiphi konke kanye nayo na?

33 Ngubani ozakumangalela abakhethiweyo bakaNkulunkulu na? UNkulunkulu ungolungisisayo;

34 ngubani olahlayo na? UKristu Jesu owafayo, yebo impela, owavuswa kwabafileyo, ongakwesokunene sikaNkulunkulu, nguyena osinxuselayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35Ngubani ozakusahlukanisa nothando lukaKristu na? Noma ukuhlupheka, noma ukubandezeka, noma ukuzingelwa, noma indlala, noma ukuhamba ze, noma ingozi, noma inkemba, na?

36 Kulotshiwe ukuthi: Ngenxa yakho sibulawa usuku lonke, sithiwa izimvu zokuhlatshwa.

37 Kepha kukho konke lokho siyanqoba nokunqoba ngowasithandayo.

38 Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, nakho okukhona, nakho okuzayo, namandla,

39 nakuphakama, nakujula, nanto enye edaliweyo akuyikuba namandla okusahlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu iNkosi yethu.

## KwabaseRoma 9

### Ukungakholwa kwabakwa-Israyeli kuyadabukisa

1Ngikhuluma iqiniso ngikuKristu, angiqambi amanga, unembeza wami ufakazelana nami eMoyeni oNgcwele

2 ukuthi nginokudabuka okukhulu nobuhlungu obungapheliyo enhliziyweni yami.

3 Ngokuba ngingafisa ukuba mina uqobo ngibe ngoqalekisiweyo kuKristu ngenxa yabazalwane bami abangabakithi ngokwenyama;

4 bona bangabakwa-Israyeli, okungesabo isimo sobuntwana nenkazimulo, nezivumelwano, nokumiswa komthetho, nenkonzo, nezithembiso,

5 abangababo okhokho avela kubo uKristu ngokwenyama, yena onguNkulunkulu ophezu kwakho konke, obongekayo kuze kube phakade. Amen.

### Abakwa-Israyeli bakhethwa nguNkulunkulu

6 Akusikho okungathi izwi likaNkulunkulu liphuthile. Ngokuba asibo bonke abavela ku-Israyeli abangabakwa-Israyeli;

7 nakuba beyinzalo ka-Abrahama, bonke abasibo abantwana, kodwa kuthiwa: Ngo-Isaka iyakubizwa inzalo yakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Lokhu kungukuthi akusibo abantwana benyama abangabantwana bakaNkulunkulu labo, kodwa abantwana besithembiso bathiwa inzalo.

9 Ngokuba lingelesithembiso leli zwi lokuthi: Ngalesi sikhathi ngizakufika; khona uSara uzakuba nendodana.

10 Akuyilokhu kuphela, kodwa kwaba njalo nakuRebeka ekhulelisiwe ngoyedwa, u-Isaka, ukhokho wethu;

11 ngokuba bengakazalwa, bengakenzi okuhle nokubi, ukuze icebo likaNkulunkulu eliya ngokukhetha lime,

12 kungabi ngemisebenzi, kodwa kube ngaye obizayo, kwashiwo kuye ukuthi: Omkhulu uyakukhonza omncane,

13 njengalokho kulotshiwe ukuthi: UJakobe ngamthanda, kepha u-Esawu ngamzonda.

14 Ngakho siyakuthini na? Kukhona yini ukungalungi kuNkulunkulu na? Qha nakanye.

15 Ngokuba kuMose uthi: Ngizakumhawukela engimhawukelayo, ngimzwele engimzwelayo.

16 Ngakho-ke akuyi ngentando nangokuzikhathaza komuntu, kodwa kuya ngokuhawukela kukaNkulunkulu.

17 Ngokuba umbhalo uthi kuFaro: Ngakuphakhamisela khona lokhu ukuba ngibonakalise amandla ami kuwe nokuba igama lami lishunyayelwe emhlabeni wonke.

18 Ngakho uhawukela lowo athanda ukumhawukela, umenza lukhuni lowo athanda ukumenza lukhuni.

19 Usuzakuthi kimi: Usasolelani yena na? Ngokuba ngubani ongamelana nentando yakhe na?

20 O, wena muntu! Ungubani-ke wena ophikisana noNkulunkulu na? Okubunjiweyo kungasho yini kowakubumbayo ukuthi: Wangenzelani ngaba njena na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Nokuba akanamandla yini umbumbi ebumbeni ukwenza ngesigaxa sisinye
isitsha esinye esihloniphekayo nesinye esingahloniphekiyo na?

### Nabezizwe bayakukhethwa ngomusa kaNkulunkulu

22 Uma, pho, uNkulunkulu, ethanda ukubonakalisa ulaka nokuveza amandla akhe, wathwala ngokubekezela okukhulu izitsha zolaka ezilungiselwe ukubhujiswa

23ukuba abonakalise ingcebo yenkazimulo yakhe ezitsheni zomusa ayezilungisele inkazimulo ngaphambili,

24thina asibizayo nathi, kungesikho kubaJuda kuphela kodwa nakwabezizwe?

25 Njengalokhu esho nakuHoseya ukuthi: Ngiyakubiza abangesiso isizwe sami ngokuthi isizwe sami, nongathandiwe ngokuthi uthandiwe;

26 nasendaweni lapha kwathiwa kubo: Anisibo abantu bami, lapho bayakubizwa ngokuthi: Abantwana bakaNkulunkulu ophilayo.

27 U-Isaya umemeza ngo-Israyeli, uthi: Nokuba umumo wabantwana bakwa-Israyeli ungangesihlabathi solwandle, yinsali eyakusindiswa,

28ngokuba iNkosi iyakufeza izwi layo emhlabeni, iliphelelise, ikhawuleze,

29 njengalokho washo u-Isaya ngaphambili ukuthi: Uma iNkosi Sebawoti ibingasishiyelanga inzalo besiyakuba njengeSodoma, sifane neGomora.

30 Ngakho siyakuthini na? Ukuthi abezizwe abangafunisisanga ukulunga batholile ukulunga, ukulunga kambe okungokukholwa;

31kepha u-Israyeli, elandela umthetho wokulunga, kafinyelelanga emthethweni.

32Ngani na? Ngokuba akubanga ngokukholwa kodwa kungathi ngemisebenzi; baqhuzuka etsheni lokuqhuzula,

33njengalokho kulotshiwe ukuthi: Bheka, ngibeka eSiyoni itshe lokukhubekisa, nedwala lokuwisa, nokholwa yilo akayikujabha.

## KwabaseRoma 10

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### AbaJuda bafuna ukulunga ngemisebenzi yomthetho kungengokukholwa, noma ivangeli lishunyayelwe kubo

1 Bazalwane, ukulangazela kwenhliziyo yami nokunxusa kwami kuNkulunkulu ngabo kungukuba basindiswe.

2 Ngokuba ngiyabafakazela ukuthi bashisekela uNkulunkulu kodwa kungengokuqonda;

3 ngokuba bengakwazi ukulunga kukaNkulunkulu, befuna ukumisa okwabo, abakuthobelanga ukulunga kukaNkulunkulu.

4Ngokuba isiphetho somthetho nguKristu, kube ngukulunga kubo bonke abakholwayo.

5 Ngokuba uMose uloba ukuthi umuntu owenza ukulunga okuvela emthethweni uyakuphila ngakho.

6 Kepha ukulunga okuvela ngokukholwa kusho kuthi: Ungasho enhliziyweni yakho ukuthi: Ngubani ozakwenyukela ezulwini na? okungukuthi ukwehlisa uKristu,

7nokuba: Ngubani ozakwehlela kwalasha na? okungukuthi ukukhuphula uKristu kwabafileyo.

8Kepha kuthini na? Izwi liseduze nawe, emlonyeni wakho nasenhliziyweni yakho, okungukuthi izwi lokukholwa esilishumayelayo.

9 Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa;

10ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube ngukulunga, ngomlomo uyavuma kube ngukusindiswa.

11 Ngokuba umbhalo uthi: Lowo okholwayo akayikujabhiswa.

12Ngokuba akukho mahluko phakathi komJuda nomGreki, lokhu yena uyiNkosi yabo bonke, ubacebele bonke abakhuleka kuye,

13 ngokuba bonke abayakukhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14 Kepha bayakukhuleka kanjani kuye abangakholwanga nguye na? Bayakukholwa kanjani abangezwanga ngaye na? Bayakuzwa kanjani, kungekho oshumayelayo na?

15 Bayakushumayela kanjani, uma bengathunywa na? Njengokulotshiweyo ukuthi: Yeka, zinhle izinyawo zabashumayela izindaba ezinhle.

16 Kodwa abalilalelanga bonke ivangeli. Ngokuba u-Isaya uthi: Nkosi, ngubani owakholwa ngesikuzwileyo na?

17 Ngalokho-ke ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa kuvela ngezwi likaKristu.

18 Kepha ngithi: Abezwanga yini na? Yebo, impela: Izwi labo liphumele emhlabeni wonke, nokusho kwabo kuye nasemikhawulweni yelakhiweyo.

19 Kepha ngithi: U-Israyeli wayengaqondi na? Kuqala, uMose uthi: Mina ngiyakunivusela umhawu ngabangesiso isizwe, nginithukuthelise ngesizwe esingenangqondo.

20 Kepha u-Isaya unesibindi sokuthi: Ngafunyanwa yilabo abangangifunanga, ngabonakala kulabo abangangibuzanga.

21 Kodwa ngo-Israyeli uthi: Usuku lonke ngelulela izandla zami kuso isizwe esingalaleliyo nesiphikayo.

## KwabaseRoma 11

### Insali ka-Israyeli yasindiswa

1 Ngalokho ngithi: UNkulunkulu usilahlile isizwe sakhe na? Qha nakanye, ngokuba nami ngingumIsrayeli, wenzalo ka-Abrahama, wesizwe sakwaBenjamini.

2 UNkulunkulu akasilahlanga isizwe sakhe ayesazi ngaphambili. Kumbe anazi yini ukuthi umbhalo uthini ngo-Eliya ukuba umangalela u-Israyeli kuNkulunkulu ngokuthi:

3 Nkosi, bababulele abaprofethi bakho, badilizile ama-altare akho, mina ngisele ngedwa, sebefuna ukungibulala nami, na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Kepha impendulo kaNkulunkulu ithini kuye na? Ithi: Ngizishiyele amadoda ayizinkulungwane eziyisikhombisa angaguqanga ngamadolo kuBali.

5 Kanjalo kukhona nangalesi sikhathi samanje insali ngokokukhetha komusa;

6 kepha uma kuya ngomusa, akusayi ngemisebenzi; uma kungenjalo, umusa awuseyiwo umusa.

7 Kunjani, pho? Lokho u-Israyeli akufunayo akakufumananga, kepha abakhethiweyo bakufumana, abanye benziwa baba lukhuni,

8njengalokho kulotshiwe ukuthi: UNkulunkulu wabanika umoya wobuthongo, amehlo okungaboni, nezindlebe zokungezwa, kuze kube lusuku lwanamuhla.

9 NoDavide uthi: Itafula labo malibe yisihibe nogibe, nesikhubekiso nempindiselo kubo,

10kufiphazwe amehlo abo ukuba angaboni, ugobe umhlane wabo njalo.

### Ngokungakholwa kuka-Israyeli insindiso yafika kwabezizwe

11 Ngakho ngithi: Bakhubeka ukuba bawe na? Qha nakanye; kepha ngesiphambeko sabo insindiso ifikile kwabezizwe ukubavusela umhawu.

12 Kepha uma isiphambeko sabo siyingcebo yezwe, nokuncipha kwabo kuyingcebo yabezizwe, pho, kakhulu kangakanani ukuphelela kwabo.

13 Ngikhuluma kini nina bezizwe. Njengokuba mina ngingumphostoli wabezizwe, ngidumisa ukukhonza kwami

14ukuba mhlawumbe ngingabavusela umhawu abenyama yami, ngisindise abanye kubo.

15Ngokuba uma ukulahlwa kwabo kungukubuyiswa kwezwe, ukwamukelwa kwabo kungaba yini, uma kungesikho ukuphila kwabafileyo na?

16Uma ulibo lungcwele, nenhlama injalo; uma impande ingcwele, namagatsha anjalo.

17 Kepha uma kwaphulwa amanye amagatsha, wena-ke ongumnqumo wasendle wafakelwa phakathi kwawo, wahlanganyela nawo impande yamafutha yomnqumo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

18 ungazigabisi phezu kwamagatsha; kepha uma uzigabisa, akusuwe othwele
impande, kepha yimpande ethwele wena.

19 Uzakuthi-ke wena: Amagatsha aphulwa ukuba mina ngifakelwe.

20 Kulungile; aphulwa ngokungakholwa, wena-ke umi ngokukholwa.
Ungazikhukhumezi, kepha yesaba;

21 ngokuba uma uNkulunkulu engayekanga amagatsha emvelo, nawe angeze
akuyeka.

22 Bheka-ke ububele nobukhali bukaNkulunkulu; ubukhali kulabo abawayo
kepha kuwe ububele bukaNkulunkulu, uma uhlala ebubeleni; uma
kungenjalo, uzakunqunywa nawe.

23 Nalabo uma bengahlali ekungakholweni, bayakufakelwa, ngokuba
uNkulunkulu unamandla okubafakela futhi.

24 Ngokuba uma wena wanqunywa emnqumweni ongowasendle ngemvelo,
wafakelwa emnqumweni omuhle ngokuphambene nemvelo, ikakhulu labo
abangabemvelo bayakufakelwa emnqumweni wakubo.

### Ngokukholwa kwabezizwe abakwa-Israyeli bayakubuyiswa

25 Ngokuba angithandi, bazalwane, ukuba ningayazi le mfihlakalo, funa
nizishaye abahlakaniphileyo, ukuthi inxenye ka-Israyeli yehlelwe
ngubulukhuni, kuze kungene abezizwe ngokupheleleyo;

26 kanjalo u-Israyeli wonke uyakusindiswa, njengalokho kulotshiwe ukuthi:
Kuyakuvela eSiyoni uMhlangulisi, asuse ukungalungi kuJakobe.

27 Yilesi isivumelwano sami nabo, lapho ngisusa izono zabo.

28 Ngokwevangeli bayizitha ngenxa yenu, kepha ngokukhethwa
bangabathandiweyo ngenxa yawokhokho,

29 ngokuba izipho zomusa nokubiza kukaNkulunkulu akaguquki kukho.

30 Ngokuba njengalokho nina kade ningamlaleli uNkulunkulu, kepha manje
nihawukelwe ngenxa yokungalaleli kwabo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

[31]kanjalo nalaba kalokhu abalalelanga, ukuze ngomusa enenzelwe wona nabo bahawukelwe manje.

[32] Ngokuba uNkulunkulu ubavalele bonke ekungalalelini ukuze abahawukele bonke.

[33] Yeka ukujula kwengcebo, nokuhlakanipha, nokwazi kukaNkulunkulu! Yeka izahlulelo zakhe ezingaphenyekiyo, nezindlela zakhe ezingaqondakaliyo!

[34] Ngokuba ngubani owawazi umqondo weNkosi na? Nokuba ngubani owaba ngumeluleki wayo na?

[35] Noma ngubani owaqala ukuyipha ukuba kubuyiselwe kuye na?

[36] Ngokuba konke kuvela kuye, kukhona ngaye, kuya kuye; makube kuye inkazimulo kuze kube phakade. Amen.

## KwabaseRoma 12

### Ukuhamba okungcwele

[1] Ngakho ngiyanincenga, bazalwane, ngobubele bukaNkulunkulu ukuba ninikele imizimba yenu ibe ngumnikelo ophilileyo, ongcwele, othandeka kuNkulunkulu, kube ngukukhonza kwenu kokuqonda;

[2]ningalingisi leli zwe, kodwa niguqulwe isimo ngokwenziwa ibe ntsha ingqondo yenu, ukuze nibe nokuhlolisisa okuyintando kaNkulunkulu, okuhle, nokuthandekayo, nokupheleleyo.

### Ukuthobeka

[3] Ngokuba ngomusa engiwuphiweyo ngisho kulowo nalowo phakathi kwenu ukuthi angacabangi athi mkhulu kunalokho afanele ukukucabanga, kodwa acabange kube ngokuqonda, njengalokho uNkulunkulu abele lowo nalowo isilinganiso sokukholwa.

[4] Ngokuba njengalokhu sinezitho eziningi emzimbeni munye, kepha izitho zonke azinamsebenzi munye,

[5]kanjalo thina esibaningi simzimba munye kuKristu, kepha ngabanye siyizitho, omunye esomunye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Sinezipho zomusa ezahlukileyo ngokomusa esiwuphiweyo; uma singesokuprofetha, asiprofethe ngesilinganiso sokukholwa;

7 uma singesokukhonza, kube senkonzweni; ofundisayo, kube sekufundiseni,

8 oyalayo, ekuyaleni; owabayo, enze ngobuqotho; oholayo, ngenkuthalo; ohawukelayo, ngentokozo.

### Uthando nokuphathana kahle

9 Uthando malungabi nakuzenzisa; nenyanye okubi, nibambelele kokuhle;

10 thandanani ngenhliziyo ngothando lobuzalwane; ekwazisaneni nandulelane;

11 ekukhuthaleni ningenqeni, nivuthe emoyeni, nikhonze iNkosi;

12 ethembeni nithokoze; osizini nibekezele; ekukhulekeni niqinisele njalo;

13 hlanganyelani nabangcwele ekusweleni kwabo, nikhuthalele ukungenisa izihambi.

14 Babusiseni abanizingelayo; busisani, ningaqalekisi.

15Thokozani nabathokozayo, nikhale nabakhalayo.

16 Manibe nhliziyonye; ningazindli okuphakemeyo, kodwa yaneliswani ngokuphansi. Ningazishayi abahlakaniphileyo.

17 Ningaphindiseli muntu okubi ngokubi; nakani okuhle phambi kwabantu bonke;

18 uma kungenzeka, ngokwenu hlalisanani ngokuthula nabantu bonke;

19 ningaziphindiseli nina bathandwa, kodwa dedelani ulaka, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Ngokwami ukuphindisela, ngiyakubuyisela mina, isho iNkosi.

20 Kepha: Uma isitha sakho silambile, siphe sidle; uma somile, siphuzise, ngokuba ngokwenza lokho uyakube ufumbela amalahle avuthayo ekhanda laso.

21 Unganqotshwa ngokubi, kodwa nqoba okubi ngokuhle.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## KwabaseRoma 13

### Ngokulalela amakhosi

1 Akube yilowo nalowo azithobe phansi kwamandla ombuso, ngokuba akukho mandla ombuso angaveli kuNkulunkulu; lawa akhona amiswe nguNkulunkulu.

2 Ngakho-ke omelana namandla ombuso umelana nesimiso sikaNkulunkulu; kepha abamelana nakho bayakwamukeliswa ukulahlwa.

3 Ngokuba ababusi abesabeki kwabenza okuhle, kodwa kwabenza okubi. Kepha uyathanda yini ukungesabi amandla ombuso na? Yenza okuhle, uyakubongwa yiwo;

4 ngokuba uyisikhonzi sikaNkulunkulu, kube kuhle kuwe. Kepha uma wenza okubi, yesaba; ngokuba awuyiphatheli ize inkemba; ngokuba uyisikhonzi sikaNkulunkulu, umphindiseli wokwehlisela ulaka kowenza okubi.

5 Ngalokho kuswelekile ukuwuthobela, kungabi kuphela ngenxa yolaka kodwa nangenxa kanembeza.

6 Ngokuba ngenxa yalokho nikhipha intela; ngokuba bayizikhonzi zikaNkulunkulu ezikhuthalela khona lokho.

7 Nikani bonke okubafaneleyo: intela kofanele intela, inkokhiso kofanele inkokhiso, ukwesaba kofanele ukwesatshwa, udumo kofanele udumo.

### Ukuthanda abazalwane

8 Ningabi nacala lani nakubani, kuphela elokuthandana; ngokuba othanda omunye uwugcwalisile umthetho.

9 Ngokuba lokhu ukuthi: Ungaphingi, ungabulali, ungebi, ungafisi, noma ukhona omunye umyalelo, kuyahlanganiswa kuleli zwi elithi: Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena.

10 Uthando alwenzi okubi kumakhelwane; ngakho-ke uthando lungukugcwaliseka komthetho.

### Ukuhamba ekukhanyeni

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Yenzani lokhu, njengokuba nazi isikhathi ukuthi sekuyihora lokuba nivuke ebuthongweni; ngokuba manje insindiso isisondele kithi kunaleso sikhathi esaqala ukukholwa ngaso.

12 Ubusuku sebuyaphela, imini isisondele. Ngakho-ke asilahle imisebenzi yobumnyama, sihlome izikhali zokukhanya.

13 Asihambe ngokufaneleyo njengasemini, kungabi ngokuminza nokudakwa, kungabi ngobufebe namanyala, kungabi ngokuxabana nomhawu;

14 kodwa yembathani iNkosi uJesu Kristu, ninganakekeli inyama kuvuswe izinkanuko.

## KwabaseRoma 14

### Indlela yokuphatha ababuthakathaka ekukholweni

1 Kepha obuthakathaka ekukholweni mamukeleni, kungabi ngokwahlulela ngezizindlo.

2 Omunye ukholwa ukuthi angadla konke, kepha obuthakathaka udla imifino.

3 Odlayo angamdeleli ongadliyo, ongadliyo angamahluleli odlayo, ngokuba uNkulunkulu umamukele.

4Ungubani wena owahlulela inceku yomunye na? Kusenkosini yayo ukuma noma ukuwa kwayo; kepha iyakumiswa, ngokuba iNkosi inamandla okuyimisa.

5 Omunye wazisa olunye usuku kunolunye, omunye wazisa izinsuku zonke; yilowo nalowo akaqiniseke enhliziyweni yakhe.

6 Ohlonipha usuku uluhloniphela iNkosi; nodlayo udlela iNkosi, ngokuba ubonga uNkulunkulu; nongadliyo, akadli ngenxa yeNkosi, ubonga uNkulunkulu.

7 Ngokuba akakho phakathi kwethu oziphilela yena, akakho nozifela yena;

8 ngokuba uma siphila, siphilela iNkosi; uma sifa, sifela iNkosi. Ngakho-ke noma siphila noma sifa, singabeNkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

9 Ngokuba ngenxa yalokho uKristu wafa, wabuye waphila ukuba abe yiNkosi yabafileyo neyabaphilayo.

10 Kepha wena umahlulelelani umzalwane wakho na? Futhi umdelelelani umzalwane wakho na? Ngokuba sonke siyakumiswa phambi kwesihlalo sokwahlulela sikaNkulunkulu.

11 Ngokuba kulotshiwe ukuthi: Kuphila kwami, isho iNkosi, kimina ayakuguqa amadolo onke, nezilimi zonke ziyakudumisa uNkulunkulu.

12 Ngalokho-ke yilowo nalowo phakathi kwethu uyakuziphendulela kuNkulunkulu.

13 Ngakho masingabe sisahlulelana; kepha okungcono yahlulelani lokho kokuthi makungabekelwa umzalwane into yokumqhuzula nokuba isikhubekiso.

14 Ngiyazi, nganelisiwe eNkosini uJesu, ukuthi akukho lutho oluyichilo ngokwalo; kepha kuye othi lubi, kuyena lubi.

15 Ngokuba uma umzalwane wakho edabukiswa ngenxa yokudla, awusahambi ngothando. Ungambhubhisi ngokudla kwakho lowo amfelayo uKristu.

16 Ngalokho okuhle kwenu makungahlanjalazwa.

17 Ngokuba umbuso kaNkulunkulu awusikho ukudla nokuphuza kepha ungukulunga, nokuthula, nokuthokoza eMoyeni oNgcwele,

18 ngokuba okhonza uKristu kulokhu uthandekile kuNkulunkulu, ukholekile kubantu.

19 Ngalokho-ke asijonge okokuthula nokokwakhana.

20 Ungawuchithi umsebenzi kaNkulunkulu ngenxa yokudla. Konke kuhlanzekile, kepha kubi kulowo muntu okudla ekhubeka.

21 Kuhle ukungayidli inyama nokungaliphuzi iwayini noma okunye umzalwane wakho aqhuzuka ngakho.

22 Ukukholwa onakho, yiba nakho ngokwakho phambi kukaNkulunkulu. Ubusisiwe ongazahluleli ngalokho akukhethayo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23kepha ongabazayo, nxa edla, ulahliwe, ngokuba kungengokukholwa; konke okungaveli ekukholweni kuyisono.

## KwabaseRoma 15

### Abanamandla mabasize ababuthakathaka

1 Kepha thina esinamandla sifanele ukuthwala ubuthakathaka babangenamandla singazithokozisi thina.

2 Yilowo nalowo kithi makathokozise umakhelwane, kube kuhle, aze akheke,

3 ngokuba noKristu akazithokozisanga yena, kepha kunjengokuba kulotshiwe ukuthi: Ukuthuka kwabakuthukayo kwehlela phezu kwami.

4 Ngokuba konke okwalotshwa ngaphambili kwalotshelwa ukufundiswa kwethu, ukuze ngokubekezela nangenduduzo yemibhalo sibe nethemba.

5 Kepha uNkulunkulu wokubekezela nowenduduzo makaniphe nibe nokuqonda kunye phakathi kwenu ngokukaKristu Jesu,

6 ukuze nganhliziyonye nidumise ngamlomo munye uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu.

### Bonke mabaphathane ngomoya kaKristu

7 Ngalokho yamukelanani, njengalokho noKristu wasamukela, ukuze kudunyiswe uNkulunkulu.

8 Ngokuba ngithi uKristu waba yisikhonzi sabasokileyo ngenxa yeqiniso likaNkulunkulu, ukuze aqinise izithembiso ezaphiwa okhokho,

9 abezizwe bamdumise uNkulunkulu ngenxa yesihawu sakhe, njengalokho kulotshiwe ukuthi: Ngalokho ngiyakukudumisa phakathi kwabezizwe, ngihubele igama lakho;

10 abuye athi: Jabulani nina bezizwe kanye nesizwe sakhe,

11 nokuthi: Dumisani iNkosi nina nonke bezizwe, niyibabaze, nina bantu bonke.

12 Futhi u-Isaya uthi: Kuyakuba khona impande kaJesayi, yena oyakuvuka abuse abezizwe; abezizwe bayakwethembela kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

13UNkulunkulu wethemba makanigcwalise ngenjabulo yonke nangokuthula konke ekukholweni, ukuze nivame ethembeni ngamandla kaMoya oNgcwele.

### UPawulu uchaza umsebenzi wakhe

14 Kepha nami ngokwami nganelisiwe ngani bazalwane bami ukuthi nanigcwele ukuva, nigcwalisiwe ngokwazi konke, ninamandla futhi okuyalana.

15 Kepha nginilobele kokunye ngesibindi njengonikhumbuzayo futhi ngenxa yomusa engiwuphiwe nguNkulunkulu

16 wokuba ngibe yisikhonzi sikaKristu Jesu kwabezizwe, ngikhonze ivangeli likaNkulunkulu njengompristi, ukuze abezizwe babe ngumnikelo owamukeleka kahle, ungcwelisiwe ngoMoya oNgcwele.

17 Ngalokho nginokuzibonga kuKristu Jesu maqondana nokukaNkulunkulu,

18 ngokuba angiyikuba nasibindi sokukhuluma lutho ngaphandle kwezinto uKristu azisebenza ngami, kube ngukulalela kwabezizwe, ngezwi nangesenzo,

19 ngamandla ezibonakaliso nezimangaliso, ngamandla kaMoya oNgcwele, njengokuba ngasuka eJerusalema, ngazungeza ngaze ngafika e-Ilíriku, ngishumayela ivangeli likaKristu ngokupheleleyo.

20 Kanjalo ngangihlose ukushumayela ivangeli kungabi lapho uKristu waziwa khona, ukuze ngingakhi phezu kwesisekelo somunye,

21 kodwa njengalokho kulotshiwe ukuthi: Abangabikelwanga ngaye bayakubona, nabangezwanga bayakuqonda.

### UPawulu ukhuluma ngokuya eRoma

22 Ngenxa yalokho ngathiyeka kaningi ukuza kini;

23 kepha manje, lokhu ngingasenandawo kulawa mazwe, futhi sekuyiminyaka eminingi ngilangazelela ukuza kini,

24 ngiyakuza nxa ngiya eSpaniya; ngokuba ngiyethemba ukuthi ekudluleni kwami ngizakunibona, ngikhashwe yinina, nxa ngiya khona, uma sengike nganeliswa yinina;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25kepha manje ngisaya eJerusalema ngiyokhonza abangcwele.

26Ngokuba kwaba kuhle kwabaseMakedoniya nabase-Akhaya ukwenzela abampofu kwabangcwele baseJerusalema umnikelo othile.

27 Kwaba kuhle, ngokuba nembala banecala kubo; ngokuba uma abezizwe behlanganyela nabo ezintweni zabo zokomoya, banecala futhi lokubakhonza ngezokwenyama.

28Ngakho nxa sengikufezile lokho, ngabeka leso sithelo esandleni sabo, ngizakuhamba, ngidlule ngakini, ngiye eSpaniya;

29 kepha ngiyazi ukuthi nxa ngifika kini, ngizakuza nokugcwala kwesibusiso sikaKristu.

30 Ngiyanincenga, bazalwane, ngenxa yeNkosi yethu uJesu Kristu nangenxa yothando lukaMoya ukuba nilwe kanye nami ekungikhulekeleni kuNkulunkulu,

31 ukuze ngihlanguliswe kwabangakholwayo baseJudiya nokuba lokho engikhonza ngakho eJerusalema kwamukeleke kahle kwabangcwele,

32ukuba ngize kini ngokuthokoza, ngentando kaNkulunkulu, ngiphumule kanye nani.

33 UNkulunkulu wokuthula makabe nani nonke. Amen.

## KwabaseRoma 16

### UPawulu ukhonza kubazalwane

1Ngiyamncoma kini uFebe, udadewethu oyisikhonzi sebandla laseKenikreya,

2ukuze nimamukele eNkosini njengokufanele abangcwele, nimsize noma kuyiphi into angase ayidinge kini, ngokuba yena ube ngumsizi wabaningi, nowami uqobo.

3 Khonzani koPriska no-Akwila, izisebenzi ezikanye nami kuKristu Jesu,

4abadela ukuphila kwabo ngenxa yokuphila kwami, engibabongayo, kungeyimi ngedwa, kodwa namabandla onke abezizwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Khonzani nasebandleni elisendlini yabo. Khonzani ku-Ephenetu, isithandwa sami, ongulibo lwase-Asiya kuKristu.

6Khonzani kuMariya owanisebenzela kakhulu.

7Khonzani ko-Anidroniku noJuniya abayizihlobo zami, ababe yiziboshwa kanye nami, abaqhamileyo kubaphostoli nababe kuKristu ngaphambi kwami.

8Khonzani ku-Ampiliyatu, isithandwa sami eNkosini.

9Khonzani ku-Urbanu, isisebenzi kanye nathi kuKristu nakuStaku, isithandwa sami.

10Khonzani ku-Aphele, othembekileyo kuKristu. Khonzani kwabakwa-Arisitobulu.

11Khonzani kuHerodiyone, isihlobo sami. Khonzani kwabakwaNarkisu abaseNkosini.

12Khonzani koTrifina noTrifosa abakhandleka eNkosini. Khonzani kuPersisi othandekayo, owakhandleka kakhulu eNkosini.

13 Khonzani kuRufu okhethiweyo eNkosini nakunina ongumame.

14Khonzani ko-Asinkiritu, noFilegu, noHerme, noPhatroba, noHerma nabazalwane abanabo.

15Khonzani koFilologu noJuliya, kuNerewu nodadewabo, naku-Olimpa nakwabangcwele bonke abanabo.

16 Bingelelanani ngokwanga okungcwele. Ayakhonza kini onke amabandla kaKristu.

### UPawulu uxwayisa ngababanga ukwahlukana

17 Ngiyanincenga, bazalwane, ukuba niqaphele ababanga ukwahlukana nokukhubekisa, bephambene nesifundiso enafundiswa sona nina, nahlukane nabo;

18ngokuba abanjalo abayikhonzi iNkosi yethu uKristu, bakhonza isisu sabo; nangamazwi amahle namnandi bakhohlisa izinhliziyo zabangenacala.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[19]Ngokuba ukulalela kwenu kuzwakele kubo bonke; ngakho-ke ngiyathokoza
ngani, kepha ngithanda ukuba nihlakaniphe kokuhle, nibe
ngabangahlakaniphile kokubi.

[20]Kepha uNkulunkulu wokuthula uzakumchoboza masinyane uSathane
phansi kwezinyawo zenu. Umusa weNkosi yethu uKristu mawube nani.

**Isigcino**

[21]Uyakhonza kini uThimothewu, isisebenzi kanye nami, noLukiyu, noJasoni,
noSosiphatru, izihlobo zami.

[22]Mina Tertiyu engilobe le ncwadi ngiyakhonza kini eNkosini.

[23]Uyakhonza kini uGayu ongingenise kwakhe, mina nebandla lonke.
Uyakhonza kini u-Erastu, umphathisikhwama womuzi, noKwartu umzalwane.

[24]Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu mawube nani nonke. Amen.

[25] Kuye onamandla okuniqinisa ngokwevangeli lami nentshumayelo kaJesu
Kristu, ngokwambulwa kwemfihlakalo eyayifihliwe ngezikhathi zaphakade

[26] kepha manje isibonakalisiwe ngemibhalo yabaprofethi, ngokomyalo
kaNkulunkulu ongunaphakade, yazisiwe ezizweni zonke, kube ngukulalela
kokukholwa,

[27] kuye uNkulunkulu onokwazi yedwa akube kuye inkazimulo ngoJesu Kristu
kuze kube phakade. Amen.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# 1 kwabaseKorinte

## 1 kwabaseKorinte 1

### Isibingelelo

1 UPawulu, obizelwe ngentando kaNkulunkulu ukuba abe ngumphostoli kaJesu Kristu, noSostene umzalwane,

2 kulo ibandla likaNkulunkulu eliseKorinte, kubo abangcwelisiwe kuKristu Jesu, ababiziweyo abangcwele, kanye nabo bonke abakhuleka egameni leNkosi yethu uJesu Kristu ezindaweni zonke, eyabo neyethu:

3 Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu naseNkosini uJesu Kristu.

4 Ngibonga uNkulunkulu wami ngesikhathi sonke ngani ngenxa yomusa kaNkulunkulu eniwuphiweyo kuKristu Jesu

5 ukuthi ezintweni zonke nicetshisiwe kuye, ekukhulumeni konke nasekwazini konke,

6 njengalokho ubufakazi ngoKristu baqiniswa kini,

7 ukuze ningasilalelwa nasinye isiphiwo somusa, nisahlalele ukwambulwa kweNkosi yethu uJesu Kristu,

8 yena oyakuniqinisa nani kuze kube sekupheleni, ningabi nacala ngosuku lweNkosi yethu uJesu Kristu.

9 Uthembekile uNkulunkulu, okungaye nabizelwa ekuhlanganyeleni neNdodana yakhe uJesu Kristu iNkosi yethu.

### Ukuphikisana ebandleni laseKorinte

10 Kepha ngiyanincenga, bazalwane, ngegama leNkosi yethu uJesu Kristu ukuba nikhulume zwilinye nonke, kungabikho ukwahlukana phakathi kwenu, kodwa niphelelisiwe emqondweni munye nasekuboneni kunye.

11 Ngokuba ngitsheliwe ngani bazalwane bami ngabendlu kaKlowe ukuthi kukhona ukuphikisana phakathi kwenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngisho lokhu ukuthi yilowo nalowo kini uthi: Mina ngingokaPawulu ; Mina ngingoka-Apholo ; Mina ngingokaKhefase ; Mina ngingokaKristu .

13 UKristu wahlukanisiwe yini? UPawulu wabethelwa esiphambanweni ngenxa yenu na? Nabhapathizwa egameni likaPawulu na?

14 Ngibonga uNkulunkulu ngokuba ngingabhapathizanga muntu kini, kuphela oKrispu noGayu,

15 funa kube khona othi nabhapathizwa egameni lami.

16 Kodwa ngabhapathiza nabendlu kaStefana; ngaphandle kwalokho angazi ukuba ngabhapathiza omunye.

17 Ngokuba uKristu kangithumanga ukuba ngibhapathize, kepha ukuba ngishumayele ivangeli, kungabi ngokuhlakanipha kwamazwi, funa isiphambano sikaKristu senziwe ize.

**Ukuhlakanipha kukaNkulunkulu nokuhlakanipha kwezwe**

18 Ngokuba izwi lesiphambano kwababhubhayo lingubuwula, kepha kithina esisindiswayo lingamandla kaNkulunkulu.

19 Ngokuba kulotshiwe ukuthi: Ngiyakuchitha ukuhlakanipha kwabahlakaniphileyo, nokuqonda kwabaqondileyo ngikwenze ize.

20 Siphi isazi na? Uphi umbhali na? Uphi umphikisi walesi sikhathi na? UNkulunkulu kakwenzanga kube yize ukuhlakanipha kwaleli zwe na?

21 Ngokuba njengalokho ekuhlakanipheni kukaNkulunkulu izwe alimazanga uNkulunkulu ngokuhlakanipha kwalo, kwaba kuhle kuNkulunkulu ukusindisa abakholwayo ngobuwula bentshumayelo.

22 Ngokuba abaJuda babiza izibonakaliso, namaGreki afuna ukuhlakanipha,

23 kepha thina sishumayela uKristu obethelwe esiphambanweni, isikhubekiso kubaJuda, ubuwula kubo abezizwe,

24 kepha kubo ababiziweyo, abaJuda namaGreki, sishumayela uKristu, amandla kaNkulunkulu nokuhlakanipha kukaNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25Ngokuba ubuwula bukaNkulunkulu buhlakaniphile kunabantu; nobuthakathaka bukaNkulunkulu bunamandla kunabantu.

26 Ngokuba bhekani ukubizwa kwenu bazalwane: kababaningi abahlakaniphileyo ngokwenyama, kababaningi abanamandla, kababaningi abayizikhulu,

27 kodwa izinto zobuwula zezwe uNkulunkulu uzikhethile ukuba ajabhise abahlakaniphileyo; nezinto ezibuthakathaka zezwe uNkulunkulu uzikhethile ukuba ajabhise izinto ezinamandla;

28nezinto eziphansi zezwe nezinto ezidelelwayo uNkulunkulu wazikhetha, nezinto ezingekho, ukuba achithe ezikhona,

29 ukuze kungabikho nyama ezibongayo phambi kukaNkulunkulu.

30 Kepha ngaye nikuJesu Kristu owenzelwe thina ukuhlakanipha okuvela kuNkulunkulu nokulunga kanye nokungcweliswa nokuhlengwa,

31 ukuze kuthi njengokulotshiweyo: Ozibongayo akazibonge eNkosini.

## 1 kwabaseKorinte 2

### Intshumayelo kaPawulu eKorinte

1 Nami, bazalwane, ekufikeni kwami kini angifikanga ngobungcweti bokukhuluma nobokuhlakanipha, ngimemezele kini ubufakazi bukaNkulunkulu.

2 Ngokuba nganquma ukuthi angiyikwazi okunye phakathi kwenu, kuphela uJesu Kristu, lowo obethelwe esiphambanweni.

3 Mina ngangikini ngobuthakathaka, nangokwesaba, nangokuthuthumela okukhulu;

4 nokukhuluma kwami nokushumayela kwami akubanga ngamazwi okuhlakanipha ahungayo, kepha kwaba ngesibonakaliso sikaMoya nesamandla,

5 ukuze ukukholwa kwenu kungemi ngokuhlakanipha kwabantu, kume ngamandla kaNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Kepha ukuhlakanipha sikukhuluma phakathi kwabapheleleyo, ukuhlakanipha kambe okungesikho okwalesi sikhathi nokwababusi balesi sikhathi, ababhubhayo.

7 Kodwa sikhuluma ukuhlakanipha kukaNkulunkulu emfihlakalweni efihliweyo uNkulunkulu akumisela ngaphambili kube yinkazimulo yethu, kusukela kwaphakade,

8 okungaziwa namunye wababusi balesi sikhathi; ngokuba uma bebekwazi, babengayikuyibethela esiphambanweni iNkosi yenkazimulo;

9 kepha kunjengokuba kulotshiwe ukuthi: Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungavelanga enhliziyweni yamuntu, uNkulunkulu akulungisela abamthandayo.

10 Ngokuba kithina uNkulunkulu ukwambulile ngoMoya; ngokuba uMoya uhlolisisa konke, yebo, nokujulileyo kukaNkulunkulu.

11 Ngokuba ngumuphi kubantu owazi okomuntu, uma kungesiye umoya womuntu okuye na? Ngokunjalo nokukaNkulunkulu akwaziwa muntu, kuphela nguMoya kaNkulunkulu.

12 Kepha thina asamukelanga umoya wezwe kodwa umoya ovela kuNkulunkulu, ukuze sikwazi esikuphiwe nguNkulunkulu ngomusa,

13 esikhuluma ngakho futhi, kungengamazwi afundiswa ngukuhlakanipha kwabantu kodwa afundiswa nguMoya, sichaza okomoya ngokomoya.

14 Umuntu wemvelo kakwamukeli okukaMoya kaNkulunkulu, ngokuba kungubuwula kuye; angekuqonde, ngokuba kubonisiswa ngokomoya.

15 Kepha ongowomoya ubonisisa konke, kodwa yena kabonisiswa muntu.

16 Ngokuba ngubani owake wazi umqondo weNkosi ukuba angaze ayifundise na? Kepha thina sinomqondo kaKristu.

## 1 kwabaseKorinte 3

### Indlela yokulandela abafundisi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Nami-ke, bazalwane, bengingenakukhuluma kini njengakwabomoya kepha njengakwabenyama, njengakwabayizingane kuKristu.

2Nganiphuzisa ubisi, anganipha ukudla okuqinileyo, ngokuba beningakaqini. Yebo, nakalokhu anikaqini,

3 ngokuba niseyibo abenyama. Ngokuba uma kusekhona phakathi kwenu umhawu nokuphikisana, anisibo abenyama, anihambisi okwabantu na?

4Ngokuba nxa omunye ethi: Mina ngingokaPawulu, omunye: Mina ngingoka-Apholo, anisibo abenyama na?

5 Pho, uyini u-Apholo? Uyini uPawulu na? Bayizikhonzi enakholwa ngazo, kwaba yilowo nalowo njengokupha kweNkosi.

6 Mina ngatshala, u-Apholo wanisela, kepha uNkulunkulu wakhulisa.

7 Njalo-ke notshalayo kalutho, noniselayo kalutho, kodwa uNkulunkulu okhulisayo.

8 Otshalayo noniselayo bakunye, kepha yilowo nalowo uyakwamukeliswa owakhe umvuzo ngokomsebenzi wakhe.

9 Ngokuba thina siyizisebenzi kanye noNkulunkulu, nina niyinsimu kaNkulunkulu, niyisakhiwo sikaNkulunkulu.

**Ukwakha phezu kwesisekelo esiyiso**

10 Ngokomusa kaNkulunkulu engiwuphiweyo, njengenyanga yokwakha ehlakaniphileyo ngabeka isisekelo, omunye wakha phezu kwaso. Kepha akube yilowo nalowo aqaphele ukuthi wakha kanjani phezu kwaso.

11 Ngokuba akakho ongabeka esinye isisekelo, kuphela leso esibekiweyo, esinguJesu Kristu.

12Kepha uma umuntu akha phezu kwaleso sisekelo ngegolide, nesiliva, namatshe anenani, nemithi, notshani, nenhlanga,

13 umsebenzi walowo nalowo uyakuvela obala; ngokuba usuku luyakuwudalula, lokhu kwambulwa ngomlilo, nokuthi umsebenzi walowo nalowo unjani, umlilo uqobo uyakukuvivinya lokho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Uma umsebenzi womuntu awakhileyo kuso umi, uyakwamukela umvuzo;

15uma umsebenzi womuntu usha, uyakulahlekelwa yiwo; kepha yena uqobo uyakusindiswa, nokho kube kungathi uphuma emlilweni.

16 Anazi yini ukuthi niyithempeli likaNkulunkulu nokuthi uMoya kaNkulunkulu uhlala kini na?

17Uma umuntu echitha ithempeli likaNkulunkulu, uNkulunkulu uyakumchitha yena, ngokuba ithempeli likaNkulunkulu lingcwele; niyilo-ke nina.

18 Makungabikho ozikhohlisayo; uma umuntu phakathi kwenu ethi uhlakaniphile kulesi sikhathi, akabe yisiwula, ukuze ahlakaniphe.

19Ngokuba ukuhlakanipha kwaleli zwe kungubuwula kuNkulunkulu. Ngokuba kulotshiwe ukuthi: Ubamba abahlakaniphileyo ebuqilini babo,

20 nokuthi: INkosi iyazazi izizindlo zabahlakaniphileyo ukuthi ziyize.

21Ngakho-ke akungabikho ozibongayo ngabantu, ngokuba konke kungokwenu,

22 noma uPawulu, noma u-Apholo, noma uKhefase, noma izwe, noma ukuphila, noma ukufa, noma okukhona, noma okuzakuba khona; konke kungokwenu;

23 nina-ke ningabakaKristu, uKristu ungokaNkulunkulu.

## 1 kwabaseKorinte 4

### Izikhonzi zikaKristu nabaphathi bezimfihlakalo zikaNkulunkulu

1 Umuntu makasazi ukuthi siyizikhonzi zikaKristu nabaphathi bezimfihlakalo zikaNkulunkulu.

2 Futhi-ke kufuneka kubaphathi ukuba umuntu afunyanwe ekholekile.

3Kepha kimina kuyinto encane impela ukuba ngahlulelwe yinina noma ngokwahlulela kwabantu; yebo, nami angizahluleli.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Ngokuba angizinyezi ngalutho ngokwami, nokho angilungisisiwe ngalokho; kepha ongahlulelayo yiNkosi.

5 Ngakho-ke ningahluleli lutho singakafiki isikhathi, ingakafiki iNkosi eyakukuveza ekukhanyeni okufihlakeleyo kobumnyama, iveze obala izizindlo zezinhliziyo; lapho-ke yilowo nalowo uyakuthola ukubongwa kuNkulunkulu.

### Ukukhukhumala kwabaseKorinte nokuhlupheka kwabaphostoli

6 Lokhu-ke, bazalwane, ngikuguqulele kimina naku-Apholo ngokulinganisa ngenxa yenu, ukuze nifunde kithi ukungeqisi kokulotshiweyo ukuba ningakhukhunyezwa, kungabi yilowo akhethe omunye kunomunye.

7 Ngokuba ngubani okhetha wena na? Unantoni ongayamukeliswanga na? Kepha uma uyamukelisiwe, uzibongelani kungathi awuyamukeliswanga na?

8 Senize nasutha, senize naceba, senabusa ngaphandle kwethu; yebo-ke sengathi ngabe niyabusa, ukuze nathi sibuse kanye nani.

9 Ngokuba ngithi kungathi uNkulunkulu usimisile thina baphostoli sibe ngabokugcina, sibe njengabanqunyelwe ukufa; ngokuba senziwe umbukwane wezwe nowezingelosi nowabantu.

10 Thina siyiziwula ngenxa kaKristu, kepha nina nihlakaniphile kuKristu; thina sibuthakathaka, kepha nina ninamandla; nina niyadunyiswa, kepha thina siyadunyazwa.

11 Kuze kube yisona lesi sikhathi silambile, somile, sihamba ze, siyamuhluzwa, siyimihambima,

12 siyakhandleka, sisebenza ngezandla zethu; sithi sithukwa, sibe sibusisa; sithi sizingelwa, sibe sibekezela;

13 sithi sihletshwa, sibe siphendula kahle; senziwe kungathi siyinsila yezwe, umphucuzo wezinto zonke kuze kube manje.

14 Angikulobi lokho ukuba nginithele amahloni, kodwa ukuba nginiluleke njengabantwana bami abathandekayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Ngokuba noma ninabafundisi abayizinkulungwane eziyishumi kuKristu, nokho oyihlo kababaningi, ngokuba mina nganizala kuKristu Jesu ngevangeli.

16Ngakho-ke ngiyanincenga ukuthi: Yibani abalingisi bami.

17 Ngalokho-ke ngithumele kini uThimothewu ongumntanami othandekayo nothembekayo eNkosini, oyakunikhumbuza ngokuhamba kwami okukuKristu, njengokuba ngifundisa ezindaweni zonke emabandleni onke.

18Kepha abanye bakhukhumele ngokungathi angiyikuza kini;

19kodwa ngizakuza kini masinyane, uma iNkosi ivuma, ukuze ngazi, angisho amazwi alaba abakhukhumeleyo kepha amandla abo.

20 Ngokuba umbuso kaNkulunkulu awuyi ngezwi kepha ngamandla.

21 Pho, nifunani? Ngize kini ngiphethe induku, noma ngize nginothando nomoya omnene na?

## 1 kwabaseKorinte 5

### Ubufebe babaseKorinte. Ukuphathwa kwezoni

1 Kuyezwakala ngempela ukuthi kukhona ubufebe phakathi kwenu, futhi ubufebe bohlobo olungekho ngisho nakwabezizwe, okungukuthi omunye kini uya kumkayise.

2Kepha nina nikhukhumele kunokuba nga nilila, ukuze akhishwe phakathi kwenu owenze leso senzo.

3 Ngokuba mina ngokwami, noma ngingekho ngomzimba, nokho ngikhona ngomoya, senginqumile ngokungathi ngikhona ngalowo muntu owenze okunjalo ukuba

4 egameni leNkosi uJesu nihlangane nina nomoya wami kanye namandla eNkosi yethu uJesu,

5 onjalo anikelwe kuSathane kukho ukubhubha kwenyama, ukuze umoya usindiswe ngosuku lweNkosi uJesu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Akukuhle ukuzibonga kwenu. Anazi yini ukuthi imvubelo encane ibilisa inhlama yonke na?

7 Khiphani imvubelo endala ukuze nibe yinhlama entsha, njengalokhu ningabangenamvubelo. Ngokuba nelethu iphasika lihlatshiwe, elinguKristu.

8 Njalo-ke masigubhe umkhosi, kungabi ngemvubelo endala, kungabi ngemvubelo yokushinga neyobubi, kodwa kube ngesinkwa esingenamvubelo sobuqotho neseqiniso.

9 Nganilobela encwadini yami ukuba ningahlangani nezifebe;

10angisho izifebe zalo mhlaba, nokuba abahahayo nabaphangi, nokuba abakhonza izithombe, ngokuba phela ngabe nimelwe ukuphuma ezweni;

11 kepha manje nganilobela ukuba ningahlangani nomuntu obizwa ngokuthi ungumzalwane, uma eyisifebe, noma engohahayo, noma engokhonza izithombe, noma eyisithuki, noma eyisidakwa, noma engumphangi; ningaze nadla nokudla nonjalo.

12Ngokuba nginandabani nokwahlulela abangaphandle na? Nani anahluleli abangaphakathi na?

13 Kepha uNkulunkulu uyakwahlulela abangaphandle. Xoshani omubi phakathi kwenu.

## 1 kwabaseKorinte 6

### Ukukhuzwa kwabaseKorinte abamangalelanayo

1Ukhona yini umuntu kini, uma enendaba nomunye, onesibindi sokumangala kwabangalungile, kungabi kwabangcwele, na?

2 Anazi yini ukuthi abangcwele bayakwahlulela izwe na? Kepha uma izwe lahlulelwa yinina, anifanele ukunquma namacala amancane na?

3Anazi yini ukuthi siyakwahlulela izingelosi na? Kakhulu-ke okwalokhu kuphila.

4Ngakho-ke uma ninamacala alokhu kuphila, niyababeka yini abangenasithunzi ebandleni babe ngabahluleli na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5Ngisho lokhu ukuba nibe namahloni. Kunjalo kanti: akukho namunye phakathi kwenu ohlakaniphileyo onganquma phakathi kwabazalwane bakhe na?

6Kodwa umzalwane umangalela umzalwane, nalokhu akwenze phambi kwabangakholwayo na?

7 Nempela nakalokhu sekuyisici esikini ukuba nimangalelane. Yini ukuba ningavumi nakanye ukoniwa? Yini ukuba ningavumi nakanye ukuphangwa na?

8Kepha nina uqobo niyona, niyaphanga; nikwenza lokhu nakubazalwane benu.

9 Kepha kanazi yini ukuthi abangalungile abayikulidla ifa lombuso kaNkulunkulu na? Ningadukiswa. Nazifebe, nabakhonza isithombe, naziphingi, nazihlobongi, nabesilisa abalalanayo,

10 namasela, nabahahayo, nazidakwa, nazithuki, nabaphangi abayikulidla ifa lombuso kaNkulunkulu.

11 Babenjalo abanye kini, kepha senahlanzwa, senangcweliswa, senalungisiswa ngegama leNkosi uJesu Kristu nangoMoya kaNkulunkulu wethu.

**Umzimba wethu uyithempeli likaNkulunkulu**

12 Konke kuvunyelwe kimi, kepha akusizi konke. Konke kuvunyelwe kimi, kepha mina anginakubuswa lutho.

13 Ukudla kungokwesisu, nesisu singesokudla; kepha uNkulunkulu uyakuqeda kokubili. Kepha umzimba asiwo owobufebe, ungoweNkosi, neNkosi ingeyomzimba;

14kepha uNkulunkulu wayivusa iNkosi, nathi uyakusivusa ngamandla akhe.

15 Anazi yini ukuthi imizimba yenu iyizitho zikaKristu na? Pho, ngithathe izitho zikaKristu, ngizenze izitho zesifebe na? Qha nakanye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

[16] Kepha anazi yini ukuthi ohlangana nesifebe ungumzimba munye naso na? Ngokuba uthi yena: Labo ababili bayakuba nyamanye.

[17]Kepha ohlangene neNkosi ungumoya munye nayo.

[18] Balekelani ubufebe. Zonke izono azenzayo umuntu zingaphandle komzimba; kepha owenza ubufebe wona owakhe umzimba.

[19] Kepha anazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya oNgcwele okinina, enimamukele kuNkulunkulu, nokuthi anisibo abenu na?

[20] Ngokuba nathengwa ngenani elikhulu. Ngakho-ke mbongeni uNkulunkulu emzimbeni wenu.

## 1 kwabaseKorinte 7

### Iziluleko nemithetho yokugana

[1]Maqondana nalokho enaloba ngakho, kuhle kumuntu ukuba angamthinti owesifazane.

[2] Kepha ngenxa yobufebe akube yilowo nalowo abe nowakhe umfazi, nalowo wesifazane abe neyakhe indoda.

[3]Indoda ayinike umfazi okumfaneleyo; nomfazi enze njalo endodeni.

[4]Umfazi kanamandla phezu kowakhe umzimba, kodwa yindoda enawo; kanjalo nayo indoda ayinamandla phezu kowayo umzimba, kodwa ngumfazi onawo.

[5]Ningagodlelani, kuphela kube ngokwesikhathi ngokuvumelana ukuba nithole ithuba lokukhuleka, nibuye nibe ndawonye, ukuze uSathane anganiyengi ngokungazibambi kwenu.

[6]Lokho ngikusho ngemvume, angikusho ngomyalo.

[7] Nokho ngingathanda ukuba abantu bonke babe njengami; kepha yilowo nalowo unesakhe isiphiwo somusa esivela kuNkulunkulu, omunye kanje, omunye kanje.

[8]Kepha ngithi kwabangaganiwe nakubafelokazi: Kuhle kubona, uma behlala benjengami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Kepha uma bengenakuzibamba, mabaganane, ngokuba kuhle ukuganana kunokusha.

10 Kepha abaganeneyo ngiyabayala, kungemina kodwa yiNkosi, ukuthi umfazi kangahlukani nendoda;

11-- kepha uma eke wahlukana nayo, kahlale engaganile, kumbe abuyisane nendoda yakhe -- nendoda ingamlahli umkayo.

12Kepha kwabanye kusho mina, akusho iNkosi, ukuthi uma umzalwane enomfazi ongakholwayo, yena-ke evuma ukuhlala naye, angamlahli;

13nomfazi, uma enendoda engakholwayo, yona-ke ivuma ukuhlala naye, angayishiyi indoda.

14Ngokuba indoda engakholwayo ingcwelisiwe ngomfazi, nomfazi ongakholwayo ungcwelisiwe ngomzalwane. Uma kungenjalo, abantwana benu ngabe bangcolile; kepha kalokhu bangcwele.

15 Kepha uma ongakholwayo ehlukana nomkakhe, makahlukane naye; umzalwane noma umzalwanekazi kaboshiwe kokunjalo. Kepha uNkulunkulu unibizile nibe nokuthula.

16 Ngokuba wena mfazi, wazi ngani ukuthi ungeyisindise indoda yakho? Nawe ndoda, wazi ngani ukuthi ungemsindise umkakho na?

17Kuphela nje ukuba yilowo nalowo ahambe njengokuba iNkosi imabele, kube yilowo njengokuba uNkulunkulu embizile. Ngiyala kanjalo emabandleni onke.

18Ukhona obizwe esokile na? Kangabi njengongasokile. Ukhona obizwe engasokile na? Kangasoki.

19 Ukusoka akulutho, nokungasoki akulutho, kuphela ukugcina imiyalo kaNkulunkulu.

20Akube yilowo nalowo ahlale kulokho kubizwa abizwe ekukho.

21 Ubizwe uyisigqila na? Ungakhathazeki ngalokho. Kepha uma kwenzeka ukuba ukhululwe, kukhethe lokho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 Ngokuba owabizelwa eNkosini eyisigqila ungokhululekile weNkosi;
ngokunjalo nowabizwa ekhululekile uyisigqila sikaKristu.

23 Nithengiwe ngenani elikhulu; ningabi yizigqila zabantu.

24 Bazalwane, akube yilowo nalowo ahlale noNkulunkulu kulokho abizwe
ekukho.

25 Kepha maqondana nezintombi anginamyalo weNkosi, kepha nginitshela
ukubona kwami njengothembekileyo ngokuhawukelwa yiNkosi.

26 Ngakho-ke ngithi kuhle lokhu ngenxa yokubandezeka okukhona ukuba
umuntu abe njengalokhu enjalo.

27 Uboshelwe kumfazi na? Ungafuni ukukhululeka. Ukhululekile kumfazi na?
Ungamfuni umfazi.

28 Kepha-ke uma uganwa, kawoni; nentombi uma igana, kayoni; kepha
abanjalo bayakuba nosizi enyameni; kepha mina benginiphephisa.

29 Ngisho lokhu kodwa, bazalwane, ukuthi isikhathi sesinciphile; ngakho
emva kwalokhu abanabafazi mababe njengabangenabo, nabakhalayo babe
njengabangakhaliyo,

30 nabathokozayo babe njengabangathokoziyo, nabathengayo babe
njengabangenanto,

31 nabasebenzisa leli zwe babe njengabangalisebenzisi, ngokuba isimo saleli
zwe siyadlula.

32 Kepha ngifuna ukuba ningabi nakukhathazeka. Ongaganiwe ukhathalela
okweNkosi ukuba angayithokozisa kanjani iNkosi.

33 Kepha oganiweyo ukhathalela okwezwe ukuba angathokozisa kanjani
umkakhe,

34 wahlukene phakathi. Nongaganile oyintombi ukhathalela okweNkosi, ukuze
abe ngcwele emzimbeni nasemoyeni; kepha oganileyo ukhathalela okwezwe
ukuba angayithokozisa kanjani indoda yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[35]Ngisho lokhu ukuba kube lusizo kinina; akusikho ukuba nginigaxe ngentambo kepha ukuba nihambe ngokufaneleyo, nibambelele eNkosini ngokungaphazameki.

[36]Kepha uma umuntu ethi wenza okungafanele ngakuyo indodakazi yakhe, uma isikhulile ngeminyaka, akenze akubonayo, uma kumelwe ukuba kwenziwe kanjalo; akoni; mabaganane.

[37]Kepha omiyo eqinile enhliziyweni yakhe, engacindezelwa lutho, angenza akubonayo; uma esenqumile enhliziyweni yakhe ukuthi uzakugcina indodakazi yakhe iyintombi, wenza kahle.

[38]Kanjalo nowendisa indodakazi yakhe, wenza kahle; kepha ongayendisiyo wenza kahle kakhulu.

[39] Umfazi uboshiwe ngesikhathi indoda yakhe isekhona; kepha uma indoda isifile, ukhululekile, angendela nakubani ngokubona kwakhe, kuphela ukuba kube seNkosini.

[40]Kepha unenhlanhla ngokubona kwami, uma ehlala njengalokhu enjalo; ngithi nami nginoMoya kaNkulunkulu.

## 1 kwabaseKorinte 8

### Isichasiselo ngenyama yokuhlatshelwe izithombe

[1] Maqondana nokuhlatshelwe izithombe siyazi ukuthi sonke sinokwazi. Ukwazi kuyakhukhumeza, kepha uthando luyakha.

[2] Uma umuntu ethi wazi utho, kakazi njengokuba kufanele ukuba azi;

[3] kepha uma umuntu ethanda uNkulunkulu, yena uyaziwa nguye.

[4] Ngakho-ke maqondana nokudla okuhlatshelwe izithombe siyazi ukuthi asikho isithombe ezweni nokuthi akakho omunye uNkulunkulu, munye kuphela.

[5]Ngokuba noma kukhona okuthiwa onkulunkulu, nokuba kusezulwini nokuba kusemhlabeni, njengokuba bakhona onkulunkulu abaningi namakhosi amaningi,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 nokho kithina kukhona uNkulunkulu munye, uYise, okuvela kuye konke, nathi sikhonela yena, nenkosi inye, uJesu Kristu, okungaye konke, nathi sikhona ngaye.

7 Kepha lokho kwazi akukho kubo bonke. Kodwa abanye, lokhu bejwayelene nezithombe kuze kube manje, bakudla njengokuhlatshelwe isithombe, nonembeza wabo obuthakathaka uyangcola.

8 Kepha ukudla akusisondezi kuNkulunkulu; ngokuba noma singadli, asilahlekelwa lutho; noma sidla, asizuzi lutho.

9 Qaphelani kodwa, funa leli lungelo lenu libe yisikhubekiso kwababuthakathaka.

10Ngokuba uma umuntu ekubona wena onokwazi uhlezi ekudleni ethempelini lesithombe, unembeza walowo osebuthakathaka akayikududeka yini, aze adle okuhlatshelwe isithombe, na?

11 Khona obuthakathaka useyabhubha ngenxa yokwazi kwakho, engumzalwane amfelayo uKristu.

12Kanjalo uma nona kubazalwane, nilimaza unembeza wabo obuthakathaka, niyona kuKristu.

13 Ngalokhu uma ukudla kumkhubekisa umzalwane wami, angisoze ngadla nyama kuze kube phakade, ukuze ngingamkhubekisi umzalwane wami.

## 1 kwabaseKorinte 9

### Inkululeko nelungelo likaPawulu

1 Angikhululekile na? Angisiye umphostoli na? Angimbonanga uJesu iNkosi yethu na? Nina anisiwo umsebenzi wami eNkosini na?

2 Noma ngingesiye umphostoli kwabanye, nokho kinina nginguye, ngokuba uphawu lobuphostoli bami eNkosini yinina.

3Lokhu kungukuziphendulela kwami kwabangisolayo.

4 Asinalungelo yini lokudla nokuphuza na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Asinalungelo yini lokuhamba nomzalwanekazi ongumkethu njengabanye
abaphostoli, nabafowabo beNkosi, noKhefase, na?

6 Kanti yimi kuphela noBarnaba esingenalungelo lokuyeka ukusebenza na?

7 Ngubani oke aye empini ngezakhe izindleko na? Ngubani otshala isivini,
angazidli izithelo zaso, na? Ngubani owalusa umhlambi, angadli ubisi
lomhlambi, na?

8 Lokho ngikusho ngokwabantu nje na? Nomthetho kambe kawusho khona
lokho na?

9 Ngokuba kulotshiwe emthethweni kaMose ukuthi: Ungayifaki inkabi
isifonyo, nxa ibhula amabele. Konje uNkulunkulu ukhathalela izinkabi na?

10 Noma ukusho ngenxa yethu impela na? Yebo, kwalotshwa ngenxa yethu,
ngokuba olimayo kufanele alime enethemba, nobhulayo abhule enethemba
lokwabelwa naye.

11 Uma thina sihlwanyele kini okomoya, kuyinto enkulu yini, uma sizovuna
okwenu kwenyama na?

12 Uma abanye behlanganyela lawo mandla phezu kwenu, kungebe yithi
kakhulu na? Nokho asilisebenzisanga lelo gunya, kepha sibekezela ngakho
konke, ukuze singalithiyi ivangeli likaKristu.

13 Anazi yini ukuthi abaphethe imisebenzi yethempeli badla okwethempeli
nokuthi abakhonza e-altare bahlanganyela ne-altare na?

14 Ngokunjalo iNkosi imisile ukuba abamemezela ivangeli baphile ngevangeli.

15 Kepha mina angisebenzisanga lutho lwalezo zinto; futhi lokho
angikulobanga ukuba kwenziwe kanjalo kimi; ngokuba kungaba ngcono kimi
ukuba ngife kunokuba umuntu alwenz ize udumo lwami.

16 Ngokuba noma ngishumayela ivangeli, anginaludumo ngalokho, ngokuba
ngimelwe ukwenze njalo; ngokuba maye kimina uma ngingalishumayeli
ivangeli!

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Ngokuba uma ngikwenza lokho ngokuzithandela kwami, nginomvuzo; kepha uma kungengakho ukuzithandela kwami, khona-ke kungumsebenzi engiwuphathisiweyo.

18Pho, uyini umvuzo wami na? Uyilokhu ukuba nxa ngishumayela ivangeli, ngikwenze ukuba ivangeli lingabizi lutho, ukuze ngingasebenzisi ilungelo lami enginalo evangelini.

### UPawulu uyisigqila sabo bonke

19 Ngokuba noma ngikhululekile kubo bonke, ngazenza isigqila sabo bonke, ukuze ngizuze abaningi.

20 KubaJuda ngaba njengomJuda, ukuze ngizuze abaJuda; kwabaphansi komthetho ngaba njengophansi komthetho, noma ngingephansi komthetho mina, ukuze ngizuze abaphansi komthetho;

21 kwabangenamthetho ngaba njengongenamthetho, ngingesiye ongenamthetho kuNkulunkulu kepha ngiphansi komthetho kaKristu, ukuze ngizuze abangenamthetho;

22 kwababuthakathaka ngaba buthakathaka, ukuze ngizuze ababuthakathaka; sengaba yikho konke kubo bonke, ukuze ngakho konke ngisindise abanye.

23Ngikwenza konke ngenxa yevangeli, ukuze nami ngibe ngumhlanganyeli kulona.

### Isigijimi senkolo

24 Anazi yini ukuthi abagijima ngokuncintisana bagijima bonke, kepha munye owamukela umklomelo? Gijimani kanjalo, ukuze niwuthole.

25 Bonke abancintisanayo bayazithiba ezintweni zonke; labo benza ukuze bathole umqhele ophelayo, kepha thina ukuze sithole ongapheliyo.

26Ngakho-ke mina ngiyagijima kungengokungathi kangiqondi; ngiyagadla kungengokungathi ngishaya umoya.

27 Kodwa ngiyawutuba umzimba wami, ngiwenza isigqila, ukuba mina engishumayeza abanye ngingaliwa mina uqobo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## 1 kwabaseKorinte 10

### Ningahlubuki uNkulunkulu njengalokho benza abakwa-Israyeli

1 Ngokuba angithandi, bazalwane, ukuba ningazi ukuthi okhokho bethu bonke babephansi kwefu, bonke badabula ulwandle;

2bonke baphapathizwa kuMose efwini naselwandle;

3 bonke badla kudla kunye komoya;

4 bonke baphuza kuphuza kunye komoya; ngokuba baphuza edwaleni lomoya elabalandelayo. Idwala lelo lalinguKristu.

5 Kepha iningi labo uNkulunkulu wayengathokozi ngabo; ngokuba bashaywa phansi ehlane.

6 Kepha lokho kwaba yizibonelo kithi, size singafisi okubi, njengalokho bona babekufisa.

7 Futhi ningabi ngabakhonza izithombe njengabanye kubo, njengokulotshiweyo ukuthi: Abantu bahlala phansi ukuba badle, baphuze, basukuma ukuba badlale.

8 Futhi asingenzi ubufebe njengokuba abanye kubo benza ubufebe, bafa ngalusuku lunye abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nantathu.

9 Futhi asingayilingi iNkosi njengabanye kubo bayilinga, babhujiswa yizinyoka.

10 Futhi ningakhononi njengabanye kubo bakhonona, babhujiswa ngumbulali.

11 Kepha lezo zinto zabehlela bona kube yisibonelo; kulotshelwe ukusiyala thina, osekufikile kithi ukugcina kwezikhathi.

12 Ngakho-ke osuka ethi umi, akaqaphele ukuba angawi.

13 Anifikelwanga ukulingwa okungenjengokwabantu; kepha uNkulunkulu uthembekile, ongayikuvuma ukuba nilingwe ngokungaphezu kwamandla enu, kepha oyakuthi kanye nokulingwa anenzele indlela yokuphepha, nize nibe namandla okukuthwala.

### Ningakhonzi izithombe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Ngalokho-ke, bathandwa bami, kubalekeleni ukukhonza izithombe.

15 Ngikhuluma njengakwabahlakaniphileyo; qondani engikushoyo.

16 Isitsha sesibusiso esisibusisayo asiyiyo inhlanganyelo yegazi likaKristu na? Isinkwa esisihlephulayo asiyiyo inhlanganyelo yomzimba kaKristu na?

17 Ngokuba isinkwa sisinye, thina esibaningi singumzimba munye, lokhu thina sonke sihlanganyela leso sinkwa sinye.

18 Bhekani u-Israyeli ngokwenyama. Abadla imihlatshelo abasibo abahlanganyela ne-altare na?

19 Ngakho ngithini pho? Ngithi okuhlatshelwe isithombe kuyinto na? nokuthi isithombe siyinto na?

20 Kodwa ngithi: Lokho okuhlatshwa ngabezizwe bakuhlabela amademoni, kabakuhlabeli uNkulunkulu. Kepha angithandi ukuba nibe nenhlanganyelo namademoni.

21 Ningesiphuze isitsha seNkosi kanye nesitsha samademoni; ningelihlanganyele itafula leNkosi kanye netafula lamademoni.

22Kumbe siyayivusela iNkosi ulaka na? Kanti sinamandla kunayo na?

### Inkululeko yobuKristu; uthando

23 Kuvunyelwe konke, kodwa akusizi konke; kuvunyelwe konke, kodwa akwakhi konke.

24 Akungabikho ozifunela okwakhe, kodwa akube yilowo nalowo afunele omunye.

25Konke okuthengiswa esilaheni kudleni, ningahloli lutho ngenxa kanembeza,

26 ngokuba umhlaba ungoweNkosi, nakho konke okukuwo.

27Uma omunye kwabangakholwayo enimema, nithanda ukuya, kudleni konke okubekwa phambi kwenu, ningabuzi lutho ngenxa kanembeza.

28 Kepha uma umuntu ethi kini: Lokhu kuhlatshelwe izithombe, ningakudli ngenxa yalowo okushiloyo nangenxa kanembeza,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29 kangisho owakho unembeza, ngisho owalowo omunye. Ngokuba yini ukuba inkululeko yami yahlulwe ngunembeza womunye na?

30 Uma ngidla ngokubonga, ngihlanjalazelwani ngalokho engikubongayo na?

31 Ngakho-ke noma nidla, noma niphuza, noma nenzani, konke kwenzeleni udumo lukaNkulunkulu.

32 Ningakhubekisi nabaJuda, namaGreki, nabandla likaNkulunkulu,

33 njengokuba nami ngithokozisa bonke ngakho konke, ngingafuni okungisiza mina kodwa okusiza abaningi, ukuze basindiswe.

## 1 kwabaseKorinte 11

### Isambatho sowesifazane enkonzweni

1 Yibani ngabalingisi bami, njengokuba nami ngilingisa uKristu.

2Ngiyanibonga ngokuba ningikhumbula ezintweni zonke, nibambelela ezifundisweni, njengokuba nganinika zona.

3 Kepha-ke ngithanda ukuba nazi ukuthi inhloko yawo onke amadoda inguKristu, nenhloko yowesifazane iyindoda, nenhloko kaKristu inguNkulunkulu.

4Yileyo naleyo ndoda esuke ikhuleka noma iprofetha, ikhanda layo limboziwe, ihlazisa ikhanda layo.

5Kepha yilowo nalowo owesifazane osuke ekhuleka nokuba eprofetha, ikhanda lakhe lingagutshuzelwe, uhlazisa ikhanda lakhe, ngokuba lokho kukunye nokuthi uphucile.

6Ngokuba uma owesifazane engagubuzele, akagundwe. Uma kuyihlazo kowesifazane ukuba agundwe noma aphuce, akagubuzele.

7Ngokuba nempela indoda ayifanele ukumboza ikhanda, lokhu ingumfanekiso nodumo lukaNkulunkulu; kepha owesifazane uludumo lwendoda.

8 Ngokuba indoda ayivelanga kowesifazane, kodwa ngowesifazane owavela endodeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ngokuba indoda ayidalelwanga owesifazane, kodwa owesifazane wadalelwa indoda.

10 Ngalokho-ke owesifazane ufanele ukuba abe nophawu lwesithunzi ekhanda ngenxa yezingelosi.

11 Nokho eNkosini owesifazane kalutho ngaphandle kwendoda, nendoda ayilutho ngaphandle kowesifazane,

12 ngokuba njengalokhu owesifazane evela endodeni, kanjalo nendoda ivela ngowesifazane; kepha konke kuvela kuNkulunkulu.

13 Ziboneleni nina ngokwenu; kufanele yini ukuba owesifazane akhuleke kuNkulunkulu engagubuzele na?

14 Imvelo uqobo lwayo ayinifundisi yini ukuthi uma indoda inezinwele ezinde, kuyihlazo kuyo,

15 nokuthi uma owesifazane enezinwele ezinde, kuludumo kuye na? Ngokuba uphiwe izinwele zibe yisimbozo.

16 Kepha uma umuntu efuna ukuphika inkani, asinawo umkhuba onjalo thina, namabandla kaNkulunkulu kawanawo.

### Indlela yokuphatha isidlo seNkosi

17 Kepha nxa ngiyala ngalokho, anginibongi ukuthi nibuthana kungekukho okuhle kepha kukho okubi.

18 Ngokuba okokuqala, nxa nibuthana ebandleni, ngizwa ukuthi kukhona ukwahlukana phakathi kwenu; nganxanye ngiyakholwa yikho.

19 Ngokuba kumelwe kube khona amaqembu phakathi kwenu ukuba abaqinisileyo phakathi kwenu babonakale.

20 Ngakho-ke nxa nibuthana ndawonye, akusikho ukudla isidlo seNkosi lokho;

21 ngokuba ekudleni kwenu yilowo nalowo uthatha okwakhe ukudla ngaphambili, omunye alambe, omunye adakwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Kanti aninazindlu yini zokudlela nokuphuzela na? Kumbe niyalidelela yini ibandla likaNkulunkulu, nijabhise abangenanto na? Ngizakuthini kini na? Nginibonge na? Anginibongi ngalokho.

23 Ngokuba mina ngakwamukela eNkosini lokho, nenganinika khona, ukuthi: INkosi uJesu, ngalobo busuku akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa,

24wabonga, wasihlephula, wathi: Lokhu kungumzimba wami ohleshulelwe nina; lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.

25 Kanjalo wathabatha nesitsha emva kokudla kwakusihlwa, wathi: Lesi sitsha siyisivumelwano esisha egazini lami; lokhu kwenzeni ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo ukuba ningikhumbule.

26 Ngokuba njalo, nxa nidla lesi sinkwa niphuza lesi sitsha, nimemezela ukufa kweNkosi ize ifike.

27Ngakho-ke lowo odla lesi sinkwa, aphuze lesi sitsha seNkosi ngokungafanele, unecala lomzimba negazi leNkosi.

28 Kodwa umuntu akazihlolisise, khona-ke akadle lesi sinkwa, aphuze lesi sitsha.

29Ngokuba odlayo aphuze uzidlela aziphuzele icala, uma engawahlukanisi umzimba weNkosi.

30Ngenxa yalokho baningi phakathi kwenu ababuthakathaka nabagulayo, nabaningana balele.

31 Kepha uma besizahlulela thina, besingayikwahlulelwa.

32 Kepha nxa sahlulelwa, siyalaywa yiNkosi, ukuze singalahlwa kanye nezwe.

33Ngakho-ke, bazalwane bami, nxa nibuthana ukuba nidle, anolindana.

34Uma omunye elambile, akadle ekhaya ukuba ningabuthaneli ukulahlwa. Kepha okuseleyo ngokulungisa mhla ngifikayo.

## 1 kwabaseKorinte 12

### Iziphiwo zikaMoya ezahlukeneyo nokuphathwa kwazo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Kepha maqondana neziphiwo zokomoya angithandi, bazalwane, ukuba ningabi nakwazi.

2 Niyazi ukuthi nisengabezizwe naholekela kuzo izithombe eziyizimungulu, nakuba naholwa kanjalo.

3 Ngakho ngiyanazisa ukuthi: Akukho muntu okhuluma ngoMoya kaNkulunkulu ongathi: Kathukwe uJesu; futhi akukho muntu ongathi: UJesu uyiNkosi, kuphela ngaye uMoya oNgcwele.

4 Kepha kukhona iziphiwo zomusa ezahlukeneyo, kepha nguye lowo Moya.

5 Kukhona izinkonzo ezahlukeneyo, kepha yiyo leyo Nkosi.

6 Kukhona imisebenzi yamandla eyahlukeneyo, kepha nguye lowo Nkulunkulu osebenza konke kubo bonke.

7 Kepha yilowo nalowo uphiwa okubonakalisa uMoya kube ngokokusiza.

8 Ngokuba omunye uphiwa ngoMoya izwi lokuhlakanipha, kepha omunye izwi lokwazi ngaye lowo Moya,

9 omunye ukukholwa kuye lowo Moya, omunye iziphiwo zokuphulukisa kuye uMoya munye,

10 omunye ukwenza imisebenzi yamandla, omunye ukuprofetha, omunye ukwahlukanisa omoya, omunye ukukhuluma izilimi ngezilimi, omunye ukuhumusha izilimi.

11 Kepha konke lokho kusetshenzwa nguyena lowo Moya munye, ebabela yilowo nalowo ngokwakhe njengokuthanda kwakhe.

12 Ngokuba njengomzimba umunye, kepha unezitho eziningi, nezitho zonke zomzimba, nokuba ziziningi, zingumzimba munye, unjalo-ke noKristu.

13 Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sabhapathizwa sibe mzimba munye, noma singabaJuda noma singamaGreki, noma siyizigqila noma singabakhululekileyo; thina sonke saphuziswa Moya munye.

14 Ngokuba umzimba awusiso isitho sinye kodwa eziningi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15Uma unyawo luthi: Lokhu ngingesiso isandla, angisikho okomzimba, nokho luyikho okomzimba.

16Noma indlebe ithi: Lokhu ngingesilo iso, angisikho okomzimba, nokho iyikho okomzimba.

17Uma umzimba wonke ubuyiso, ukuzwa ngabe kuphi na? Uma wonke ubungukuzwa, ukunuka ngabe kuphi na?

18Kepha kalokhu uNkulunkulu umisile izitho zonke, yileso naleso emzimbeni ngokuthanda kwakhe.

19Uma kambe zonke ziyisitho sinye, umzimba ngabe uphi na?

20Kepha kalokhu izitho ziningi, kodwa umzimba munye.

21Iso alinakusho esandleni ukuthi: Angikudingi; nekhanda futhi alinakusho ezinyaweni ukuthi: Anginidingi.

22Kanti ngempela lezo zitho zomzimba ezingathi zibuthakathaka kunezinye ziyadingeka;

23nalezo zitho zomzimba ezingathi zidelelekile kunezinye, yizona esizazisa kakhulu; nalezo esinamahloni ngazo zihlonipheka kakhulu.

24Kanti lezo ezinesimo esihle azikudingi lokho. Kepha uNkulunkulu wawuhlanganisa umzimba, enika esidelelekileyo udumo olukhulu kakhulu,

25ukuze kungabikho ukwahlukana emzimbeni, kepha izitho zonke zinakekelane ngokufanayo.

26Uma kuhlupheka isitho sinye, kuhlupheka izitho zonke kanye naso; uma kudunyiswa isitho sinye, kujabula izitho zonke kanye naso.

27 Kepha nina ningumzimba kaKristu nezitho ngabanye.

28UNkulunkulu umisile abathile ebandleni, kuqala abaphostoli, okwesibili abaprofethi, okwesithathu abafundisi, bese kuba yimisebenzi yamandla, bese kuba yiziphiwo zomusa zokuphulukisa, nokusiza, nokubusa, nezilimi ngezilimi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

29Bonke bangabaphostoli na? Bonke bangabaprofethi na? Bonke bangabafundisi na? Bonke bangabenza imisebenzi yamandla na?

30Bonke baneziphiwo zomusa zokuphulukisa na? Bonke bakhuluma ngezilimi na? Bonke bayahumusha na?

31 Kepha zondelelani iziphiwo ezinkulu. Kanti senginikhombisa indlela eyona iyinhle kakhulu.

## 1 kwabaseKorinte 13

### Ukudunyiswa kothando

1Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezezingelosi, kepha ngingenalo uthando, ngiyithusi elikhencezayo nensimbi encencethayo.

2 Noma nginokuprofetha, ngiqonda izimfihlakalo zonke nokwazi konke, noma nginokukholwa konke ngangokuba ngingagudluza izintaba, kepha ngingenalo uthando, angiyinto yalutho.

3Noma ngabela abampofu konke enginakho, noma nginikela umzimba wami ukuba ushiswe, kepha ngingenalo uthando, akungisizi ngalutho.

4 Uthando luyabekezela, uthando lumnene, alunamhawu, uthando aluzigabisi, aluzikhukhumezi;

5 aluziphathi ngokungafanele, aluzifuneli okwalo, alucunuki, alunagqubu;

6 aluthokozi ngokungalungile, kepha luthokozela iqiniso;

7 lubekezelela izinto zonke, lukholwa yizinto zonke, luthemba izinto zonke, lukhuthazelela izinto zonke.

8Uthando alusoze lwaphela; kepha nokuba kukhona ukuprofetha, kuyakukhawuka; nokuba kuyizilimi, ziyakunqamuka; nokuba kungukwazi, kuyakukhawuka.

9 Ngokuba sazi inxenye, siprofetha inxenye.

10Kepha nxa sekufikile okupheleleyo, lokho okuyinxenye kuyakukhawuka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Lapho ngisengumntwana, ngakhulumisa okomntwana, ngaqondisa okomntwana, ngazindlisa okomntwana; kuthe sengiyindoda, ngayeka okobuntwana.

12 Ngokuba manje sibona esibukweni kalufifi; kepha lapho sobukana ubuso nobuso; manje ngazi inxenye, kepha lapho, ngiyakwazi ngokuphelele, njengokuba kade ngaziwa ngokuphelele.

13Manje-ke kumi ukukholwa, nokwethemba, nothando, lokho kokuthathu; kepha okukhulu kulokho luthando.

## 1 kwabaseKorinte 14

### Isiphiwo sokuprofetha sidlula esokukhuluma ngezilimi

1 Jongani uthando, futhi nizondelele iziphiwo zomoya, ikakhulu ukuba niprofethe.

2 Ngokuba okhuluma ngezilimi kakhulumi kubantu, kepha ukhuluma kuNkulunkulu; ngokuba kakho ozwayo, ukhuluma izimfihlakalo ngomoya.

3 Kepha oprofethayo ukhuluma kubantu kube ngukwakha, nokududuza, nokuqunga isibindi.

4Okhuluma ngezilimi uyazakha yena, kepha oprofethayo wakha ibandla.

5Nokho bengithanda ukuba nikhulume ngezilimi nonke, kepha kakhulu ukuba niprofethe; mkhulu kodwa oprofethayo kunokhuluma ngezilimi, uma engahumushi, ukuze ibandla lakheke.

6Manje-ke, bazalwane, uma ngiza kini ngikhuluma ngezilimi, ngiyakunisiza ngani, uma ngingakhulumi kini noma ngokwambula, noma ngokwazi, noma ngokuprofetha, noma ngokufundisa na?

7Nezinto ezingenamphefumulo ezikhalayo, noma igenkle noma ihabhu, uma zingakhali ngokwahlukeneyo, kuzakwaziwa kanjani okubethwa ngegenkle nangehabhu na?

8 Ngokuba uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani oyakuzilungiselela ukulwa na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9Kanjalo nani, uma ningakhiphi izwi elichachileyo ngolimi, kuzakwaziwa kanjani okukhulunywayo na? Ngokuba niyakube nikhuluma emoyeni.

10Kukhona izinhlobo noma zingahle zibe zingaki zokukhuluma ezweni, kepha alukho olungasho okuthile.

11Ngakho-ke uma ngingakwazi okuqondiwe ngokukhulunywayo ngiyakuba ngowezizwe nje kokhulumayo, nokhulumayo abe ngowezizwe kimi.

12Ngokunjalo nani, lokhu nishisekele iziphiwo zomoya, funani ukuba nibe nazo kakhulu, ukuze kwakheke ibandla.

13Ngakho-ke okhulumayo ngezilimi akhulekele ukuba akuhumushe.

14Ngokuba uma ngikhuleka ngezilimi, kukhuleka umoya wami, kepha ingqondo yami ayinasithelo.

15 Kunjani pho? Ngizakukhuleka ngomoya, ngikhuleke nangengqondo futhi; ngizakuhuba ngomoya, ngihube nangengqondo futhi.

16Uma kungenjalo, nxa ubonga ngomoya, lowo osesikhundleni sabangafundile angasho kanjani ukuthi Amen ekubongeni kwakho na, lokhu engakwazi okushoyo?

17Ngokuba nempela ubonga kahle wena, kepha lowo omunye akakhiwa.

18Ngibonga uNkulunkulu ngokuba ngikhuluma ngezilimi kakhulu kunani nonke;

19kodwa ebandleni ngingathanda ukukhuluma amazwi ayisihlanu ngengqondo yami, ukuze ngifundise abanye, kunamazwi ayizinkulungwane eziyishumi ngezilimi.

20 Bazalwane, ningabi ngabantwana ngengqondo, kanti ebubini nibe yizingane, kepha engqondweni nibe ngabakhulileyo.

21 Emthethweni kulotshiwe ukuthi: Ngabantu bezinye izilimi, nangezindebe zabezinye izizwe ngiyakukhuluma kulesi sizwe; kepha noma kunjalo abayikungizwa, kusho iNkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22Njalo-ke izilimi ziyisibonakaliso kwabangakholwayo, kungesikho kwabakholwayo; kepha ukuprofetha kuyisibonakaliso kwabakholwayo, kungesikho kwabangakholwayo.

23 Ngakho-ke uma ibandla lonke libuthene ndawonye, bonke bakhulume ngezilimi, bese kungena abangafundile noma abangakholwayo, abazukuthi niyahlanya na?

24Kepha uma bonke beprofetha, kungene ongakholwayo noma ongafundile, uzakuhlatshwa yibo bonke, ahlulelwe yibo bonke;

25 okufihliweyo kwenhliziyo yakhe kuyadalulwa; njalo uyakuwa ngobuso, akhuleke kuNkulunkulu, aqinise athi: Impela uNkulunkulu ukhona phakathi kwenu.

### Indlela yokukhonza kwebandla

26 Kunjani, pho, bazalwane? Uma nibuthana, yilowo nalowo uba nehubo, noma isifundiso, noma ukwambula, noma izilimi, noma ukuhumusha. Konke akwenzelwe ukwakhiwa kwebandla.

27Uma-ke umuntu ekhuluma ngezilimi, akube ngababili, bangadluli kwabathathu, badedelane, omunye ahumushe;

28kepha uma kungekho ohumushayo, kathule ebandleni, azikhulumele yena yedwa nakuNkulunkulu.

29 Abaprofethi-ke, kukhulume ababili noma babe bathathu, abanye bakuhlole.

30Kepha uma kwambulwa utho komunye ohlezi khona, kathule owokuqala.

31Ngokuba ningaprofetha nonke abanye ngabanye, ukuze bafunde bonke, balulekwe bonke;

32imimoya yabaprofethi ithobela abaprofethi;

33 ngokuba uNkulunkulu kasiye owesiyaluyalu kepha ngowokuthula. Njengokuba kunjalo emabandleni onke abangcwele,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

34abesifazane mabathule emabandleni; ngokuba kabavunyelwe ukuba bakhulume, kepha mabazithobe, njengokuba usho njalo nomthetho.

35Uma-ke bethanda ukufunda utho, mababuze emadodeni abo emakhaya; ngokuba kuyihlazo ukuba owesifazane akhulume ebandleni.

36Konje izwi likaNkulunkulu laphuma kinina na? Nokuba lafika kinina nodwa na?

37 Uma umuntu ethi ungumprofethi, noma ethi ungowomoya, makaqonde ukuthi lokhu enginilobela khona kungumyalo weNkosi.

38Kepha uma umuntu engazi, makahlale engazi.

39Ngakho-ke, bazalwane bami, zondelelani ukuprofetha, ningakuvimbeli ukukhuluma ngezilimi.

40 Kepha konke makwenziwe ngemfanelo nangenhlelo.

## 1 kwabaseKorinte 15

### Ukuvuka kwabafileyo

1Kepha, bazalwane, ngiyanikhumbuza ivangeli enganishumayeza lona nenalamukelayo nenimi kulo,

2 nenisindiswa ngalo, nxa nibambelela ezwini enganishumayeza lona, uma kambe ukukholwa kwenu kungabanga yize.

3 Ngokuba okokuqala nganinika lokho engakwamukela nami ukuthi uKristu wafa ngenxa yezono zethu njengokwemibhalo,

4 nokuthi wembelwa, nokuthi wavuswa kwabafileyo ngosuku lwesithathu njengokwemibhalo,

5 nokuthi wabonwa nguKhefase; wayesebonwa ngabayishumi nambili;

6emva kwalokho wabonwa ngasikhathi sinye ngabazalwane abadlula amakhulu ayisihlanu, iningi labo lisekhona nakalokhu, kepha abanye sebelele;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

7emva kwalokho wabonwa nguJakobe; ngasemuva wabonwa ngabaphostoli bonke;

8 ekugcineni kwabo bonke wabonwa nayimina enginjengozelwe kungakabi yisikhathi.

9 Ngokuba mina ngingomncinyane kubaphostoli, engingafanele ukuthiwa umphostoli, ngokuba ngazingela ibandla likaNkulunkulu.

10Kepha ngomusa kaNkulunkulu ngiyikho engiyikho, nomusa wakhe kimi awubanga yize, kodwa ngasebenza kakhulu kunabo bonke; kepha akusimina kodwa ngumusa kaNkulunkulu okimi.

11Ngakho-ke noma kuyimina noma kuyibona, sishumayela kanjalo, nakholwa kanjalo.

12Kepha-ke uma uKristu eshunyayelwa ukuthi uvusiwe kwabafileyo, basho kanjani abanye phakathi kwenu ukuthi akukho ukuvuka kwabafileyo na?

13Kepha uma kungekho ukuvuka kwabafileyo, akavuswanga naye uKristu.

14Kepha uma uKristu engavuswanga kwabafileyo, ukushumayela kwethu kuyize, nokukholwa kwenu kuyize.

15 Yebo, sifunyanwa singofakazi bamanga ngoNkulunkulu, ngokuba safakaza ngoNkulunkulu ukuthi wamvusa uKristu, angamvusanga kambe, uma kanti abafileyo bengavuswa.

16Ngokuba uma abafileyo bengavuswa, akavuswanga naye uKristu.

17Kepha uma uKristu engavuswanga, ukukholwa kwenu akusizi lutho, nisesezonweni zenu.

18Khona-ke nalabo asebalala bekuKristu babhubhile.

19Uma singabathembela kuKristu kulokhu kuphila kuphela, singabokukhalelwa kunabantu bonke.

20 Kepha kalokhu uKristu uvusiwe kwabafileyo, engulibo lwabaleleyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Ngokuba lokhu ukufa kweza ngomuntu, ukuvuka kwabafileyo nakho kweza ngomuntu.

22Ngokuba njengalokhu ku-Adamu bonke bayafa, ngokunjalo futhi kuKristu bonke bayakuphiliswa.

23 Kepha yilowo nalowo ngesigaba sakhe: uKristu kuqala, bese kuba ngabangabakaKristu ekufikeni kwakhe,

24 andukuba kufike ukuphela, nxa enikela umbuso kuNkulunkulu uYise, lapho esechithile ukubusa konke, nobukhosi bonke, namandla.

25 Ngokuba umelwe ukubusa, aze abeke izitha zonke phansi kwezinyawo zakhe.

26 Isitha sokugcina esiyakuchithwa singukufa.

27 Ngokuba izinto zonke uzithobisele phansi kwezinyawo zakhe. Kepha nxa ethi: Izinto zonke zithotshisiwe, kusobala ukuthi ungaphandle kwazo yena ozithobisele phansi kwakhe.

28 Kodwa nxa izinto zonke sezithotshiselwe phansi kwakhe, lapho-ke nayo iNdodana iyakuzithoba phansi kwalowo owathobisa zonke izinto phansi kwayo, ukuze uNkulunkulu abe yikho konke kukho konke.

29Pho, bayakwenze njani ababhapathizelwa abafileyo na? Uma abafileyo bengavuki nempela, babhapathizelwani ngenxa yabo na?

30 Futhi sizifakelani thina engozini imizuzu yonke na?

31 Bazalwane, ngiyaqinisa ngokubongwa enginakho ngenxa yenu kuKristu Jesu iNkosi yethu, ngiyafa mihla yonke.

32 Uma ngalwa nezilo e-Efesu ngokwabantu, nginanzuzoni? Uma abafileyo bengavuki, masidle, siphuze, ngokuba ngomuso sizakufa.

33Ningakhohliswa; ukujwayelana nababi konakalisa ukuziphatha okuhle.

34 Phaphamani ngokufaneleyo, ningoni; ngokuba abanye kabamazi uNkulunkulu; ngisho lokhu ukuba nibe namahloni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

35Kepha omunye uyakuthi: Abafileyo bavuswa kanjani na? Beza benamzimba muni na?

36 Wena ongaqondiyo, lokho okuhlwanyelayo wena akutholi ukuphila kungafanga;

37futhi lokho okuhlwanyelayo awuhlwanyeli umzimba ozakuba khona kepha uhlamvu oluze, noma kungaba ngolukakolweni, noma kungaba ngolokunye;

38 kepha uNkulunkulu ulunika umzimba njengokuthanda kwakhe, yileyo naleyo mbewu owayo umzimba.

39Inyama yonke ayinhlobonye, kepha enye ngeyabantu, enye yinyama yezilwane, enye yinyama yezinyoni, enye ngeyezinhlanzi.

40Ikhona nemizimba yasezulwini nemizimba yasemhlabeni; kepha inkazimulo yeyasezulwini iyodwa, neyasemhlabeni iyodwa.

41Iyodwa inkazimulo yelanga, iyodwa inkazimulo yenyanga, iyodwa inkazimulo yezinkanyezi; yebo, enye inkanyezi yahlukile kwenye inkanyezi ngokukhazimula.

42Kunjalo nokuvuka kwabafileyo. Kuhlwanyelwa kunokubola, kuvuswa kungenakubola;

43kuhlwanyelwa kunokudelwa, kuvuswa kunenkazimulo; kuhlwanyelwa kunobuthakathaka, kuvuswa kunamandla.

44Kuhlwanyelwa kungumzimba wemvelo, kuvuswa kungumzimba womoya. Uma ukhona umzimba wemvelo, ukhona nowomoya.

45 Kanjalo futhi kulotshiwe ukuthi umuntu wokuqala u-Adamu waba ngumphefumulo ophilayo; u-Adamu wokugcina waba ngumoya ophilisayo.

46Kepha okokuqala akusikho okomoya kodwa okwemvelo; bese kuba ngokomoya.

47Umuntu wokuqala wavela emhlabeni, engowenhlabathi; umuntu wesibili uvela ezulwini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

48 Njengokuba enjalo owayengowenhlabathi, banjalo nalabo abangabenhlabathi; nanjengokuba enjalo ongowasezulwini, banjalo nabo abangabasezulwini.

49 Futhi njengokuba besinesimo songowenhlabathi, siyakuba nesimo songowasezulwini futhi.

50 Kepha ngisho lokhu, bazalwane, ukuthi inyama negazi akunakulidla ifa elingumbuso kaNkulunkulu; nokubola akulidli ifa elingukungaboli.

51 Bhekani, ngiyanitshela imfihlakalo; asiyikulala sonke, kepha siyakuguqulwa sonke,

52 ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, ngecilongo lokugcina; ngokuba icilongo liyakukhala, abafileyo bavuswe bengenakubola, thina siguqulwe.

53 Ngokuba lokhu okubolayo kumelwe ukwembatha ukungaboli, nalokhu okufayo kumelwe ukwembatha ukungafi.

54 Kepha nxa lokhu okubolayo sekwembethe ukungaboli, nalokhu okufayo sekwembethe ukungafi, kuzakugcwaliseka izwi elilotshiweyo lokuthi: Ukufa kugingiwe kwaba ngukunqoba.

55 Kufa, kuphi ukunqoba kwakho na? Kufa, luphi udosi lwakho na?

56 Udosi lokufa yisono; amandla esono ngumthetho.

57 Kepha makabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.

58 Ngakho-ke, bazalwane bami abathandekayo, yibani ngabagxilile, abangaxegiyo, abavame njalo emsebenzini weNkosi, nazi ukuthi ukusebenza kwenu akusilo ize eNkosini.

## 1 kwabaseKorinte 16

### Ukunikelelwa kwamakholwa

1 Maqondana nomnikelo obuthelwa abangcwele, njengalokho ngayala amabandla aseGalathiya, yenzani kanjalo nani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Ngosuku lokuqala lweviki akube yilowo nalowo azibekelele eqongelela njengenhlanhla yakhe, ukuze kuthi nxa ngifika, kungabi yikhathi kwenziwa umnikelo.

3Ekufikeni kwami labo enibakhethayo ngizakubathuma, bephethe izincwadi, ukuba bayise izipho zenu zothando eJerusalema;

4uma kufanele ukuba nami ngihambe, bayakuhamba kanye nami.

### Ihlelo lokuhamba kukaPawulu

5 Kepha ngiyakuza kini, nxa sengidabulile iMakedoniya; ngokuba ngiyakudabula iMakedoniya;

6kepha ngingahle ngihlale isikhathi kini, noma ngidlulise nobusika, ukuze ningiqhube lapho ngisuka ngiya khona.

7 Ngokuba angizukunibona manje nxa ngidlula; ngokuba ngithemba ukuhlala kini isikhathi, uma iNkosi ivuma.

8 Kepha ngizakuhlala e-Efesu, kuze kufike iPhentekoste;

9 ngokuba ngivulelwe umnyango omkhulu wethuba lokusebenza; nabamelene nami baningi.

10 Kepha nxa kufika uThimothewu, anobheka ukuba ahlale kini engenalo uvalo, ngokuba usebenza umsebenzi weNkosi njengami;

11ngakho makungabikho omdelelayo. Nize nimphelekezele endleleni ngokuthula ukuba eze kimi, ngokuba ngimbhekile kanye nabazalwane.

12 Maqondana nomzalwane u-Apholo, ngamncenga kakhulu ukuba eze kini kanye nabazalwane; kepha kwakungesiyo intando yakhe neze ukuba eze manje; kodwa uyakuza nxa enethuba.

13 Lindani nigxile ekukholweni, nibe ngamadoda, nibe namandla.

14Konke enikwenzayo akwenziwe ngothando.

15 Ngiyanincenga, bazalwane, niyayazi indlu kaStefana ukuthi ingulibo lwase-Akhaya nokuthi bazimisele ukukhonza abangcwele

16ukuba nibathobele abanjalo nabo bonke abasebenzisana nabo bekhandleka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Ngiyathokoza ngokufika kukaStefana noFortunatu no-Akhayiku, ngokuba bakufezile obekusilele ngakini.

18 Ngokuba bawuhlumelele umoya wami nowenu; ngakho baziseni abanjalo.

**Isigcino**

19 Amabandla ase-Asiya ayakhonza kini. O-Akwila noPriska bakhonza kakhulu kini eNkosini, kanye nebandla elisendlini yabo.

20 Abazalwane bonke bayakhonza kini. Bingelelanani ngokwanga okungcwele.

21 Nakhu ukukhonza kwami mina Pawulu ngesandla sami.

22Uma umuntu engayithandi iNkosi, makabe ngoqalekisiweyo. Woza, Nkosi!

23 Umusa weNkosi uJesu mawube nani.

24Uthando lwami alube nani nonke kuKristu Jesu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# 2 kwabaseKorinte

## 2 kwabaseKorinte 1

### Isibingelelo

1 UPawulu, umphostoli kaKristu Jesu ngentando kaNkulunkulu, noThimothewu umzalwane kulo ibandla likaNkulunkulu eliseKorinte nakubo abangcwele bonke abakulo lonke lase-Akhaya:

2 Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu naseNkosini uJesu Kristu.

### UPawulu ubonga uNkulunkulu ngenduduzo nangokusindiswa kwakhe ezingozini

3 Makabongwe uNkulunkulu noYise weNkosi yethu uJesu Kristu, uYise wobubele, uNkulunkulu wenduduzo yonke,

4 osiduduza osizini lwethu lonke, ukuze nathi sibe namandla okududuza abasosizini, nolunjani, ngenduduzo esiduduzwa ngayo nathi nguNkulunkulu.

5 Ngokuba njengalokho izinhlupheko zikaKristu zivamile kithi, kanjalo nokududuzeka kwethu kuvamile ngoKristu.

6 Kepha noma sikhathazeka, kungenxa yokududuzwa nokusindiswa kwenu, noma siduduzeka, kungenxa yokududuzwa kwenu okusebenza ukukhuthazela ezinhluphekweni zona lezi esihlupheka ngazo nathi.

7 Nethemba lethu ngani liqinile, sazi ukuthi njengalokhu ningabahlanganyeli bezinhlupheko, kanjalo ningabahlanganyeli nabenduduzo.

8 Ngokuba asithandi, bazalwane, ukuba ningazi ngosizi lwethu olwasehlela e-Asiya ukuthi sasindwa kakhulu impela ngaphezu kwamandla ethu, saze salahlekelwa nayithemba lokuphila.

9 Yebo, thina ngokwethu sasizizwele ukuthi sinqunyelwe ukufa, ukuze singazethembi thina, kodwa sethembe uNkulunkulu ovusa abafileyo,

10 owasihlangulisa ekufeni okungaka noyakusihlangulisa, esethemba kuye ukuthi usayakusihlangulisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Nani nisizana nathi ngokusinxusela, ukuze umusa esiwuphiweyo ngokucela
kwabaningi siwubongelwe ngabaningi.

12 Ngokuba ukuzibonga kwethu yilokhu, okungubufakazi bukanembeza
wethu, ukuthi sahamba ezweni kakhulu maqondana nani ngobungcwele
nangobuqotho bukaNkulunkulu, kungengokuhlakanipha kwenyama kodwa
ngomusa kaNkulunkulu.

13Ngokuba asinilobeli okunye, kuphela lokho enikufundayo nenikuqonda
kahle; ngiyethemba futhi ukuthi niyakukuqonda kahle kuze kube
sekugcineni,

14 njengalokho nisiqondile okwenxenye ukuthi siyiqholo lenu, njengalokhu
nani ningelethu ngosuku lweNkosi yethu uJesu.

### UPawulu uchasisa isizathu sokungafiki kwakhe eKorinte

15 Nginalelo themba ngangifuna ukuza kini kuqala, ukuze nithole umusa
ngokwesibili,

16 ngidlule ngakini, ngiye eMakedoniya, ngibuye ngize kini sengivela
eMakedoniya, ngiphelekezelwe yinina sengiya eJudiya.

17 Pho-ke, bengidlala nje ngisahlose lokho na? Lokho engikuhlosayo
ngikuhlosa ngokwenyama yini, ukuze kimina kube nguyebo yebo, kanye
noqhabo qhabo, na?

18 Kepha njengokuba uNkulunkulu ethembekile, nezwi lethu kini alisiye
uyebo kanye noqhabo.

19 Ngokuba iNdodana kaNkulunkulu uKristu Jesu owashunyayelwa kini
yithina, mina, noSilvanu, noThimothewu, wayengesiye uyebo kanye
noqhabo, kepha kuyena kunguyebo.

20 Ngokuba noma izithembiso zikaNkulunkulu ziziningi kangakanani, kuyena
zinguyebo, ngakho-ke ngaye zingu-Amen futhi, kudunyiswe uNkulunkulu
ngathi.

21 Kepha osiqinisayo kanye nani kuKristu, nowasigcobayo, nguNkulunkulu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

22 owasibeka nophawu nowasipha isibambiso esinguMoya ezinhliziyweni zethu.

23 Kepha mina ngibiza uNkulunkulu abe ngufakazi emphefumulweni wami ukuthi ngenziwa ukuniphephisa ukuba ngingaphindanga ngize eKorinte,

24 kungesikho ukuthi siyabusa phezu kokukholwa kwenu, kodwa siyizisebenzi zokuthokoza kwenu kanye nani, ngokuba nimi ekukholweni.

## 2 kwabaseKorinte 2

### Ngokubuyiselwa kwezoni eziphendukayo

1Kepha ngazimisela lokhu nami ngokwami ukuthi angisayikuza kini nginokudabuka.

2Ngokuba uma mina nginidabukisa, pho, ngubani ongithokozisayo, uma kungesiye odabukiswa yimi, na?

3 Ngakuloba khona lokho, funa kuthi ekufikeni kwami ngithole ukudabuka ngalabo ebengifanele ukuthokoza ngabo, nginethemba ngani nonke ukuthi okwami ukuthokoza kungokwenu nonke.

4 Ngokuba ngosizi olukhulu nangobuhlungu benhliziyo nganilobela nginezinyembezi eziningi, kungabi ngukuba nidabukiswe, kodwa ukuze nazi uthando enginithanda kakhulu ngalo.

5Kepha uma kukhona odabukisileyo, akangidabukisanga mina, kodwa, ukuze ngingeqisi, ngokwenxenye unidabukisile nonke.

6Kumanele onjalo lokho kujeziswa ajeziswa ngakho ngabaningi;

7 kepha okungcono kunalokho, nimthethelele, nimduduze, funa onjalo ahlulwe ngukudabuka okukhulu.

8 Ngalokho ngiyanincenga ukuba nimphathe ngothando;

9ngokuba ngaloba futhi ngenxa yalokho, ukuze ngokuhlolwa kwenu ngazi ukuba ningabalalelayo ezintweni zonke yini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Kepha lowo enimthethelela utho, nami ngiyamthethelela ngokuba lokho
esengikuthethelele, uma kukhona into engiyithetheleleyo, ngikuthethelela
ngenxa yenu phambi kobuso bukaKristu,

11 ukuze singehlulwa nguSathane; ngokuba asisibo abangawazi amacebo
akhe.

### Uyabongeka uNkulunkulu onqobisa ngevangeli

12 Kepha mhla ngifika eTrowa ukuba ngishumayele ivangeli likaKristu,
ngivulelwe umnyango eNkosini,

13 angibanga nakuthula emoyeni wami, ngokuba ngingamfumananga uThithu
umzalwane wami, kodwa ngavalelisa kubo, ngaya eMakedoniya.

14 Kodwa makabongwe uNkulunkulu osihola njalo odwendweni lokunqoba
kuKristu nobonakalisa ngathi iphunga lokwazi kwakhe ezindaweni zonke;

15 ngokuba siyiphunga elimnandi likaKristu kuNkulunkulu kubo
abasindiswayo nakubo abalahlwayo,

16 kulaba siyiphunga lokufa kube ngukufa, kodwa kulabo siyiphunga
lokuphila kube ngukuphila. Ngubani ongangalokho na?

17 Ngokuba asinjengabaningi abonakalisa izwi likaNkulunkulu ngenxa
yenzuzo, kodwa njengabaqotho, njengabavela kuNkulunkulu sikhuluma
phambi kukaNkulunkulu sikuKristu.

## 2 kwabaseKorinte 3

### UPawulu uyazincoma ebandleni

1 Sesiqala futhi ukuzincoma na? Kumbe siyadinga yini njengabanye izincwadi
zokusincoma eziza kini noma ezivela kini na?

2 Nina niyincwadi yethu elotshwe ezinhliziyweni zethu, eyaziwa ifundwa
ngabantu bonke,

3 nibonakala ukuthi niyincwadi kaKristu eyenziwe ngokukhonza kwethu,
ilotshiwe kungengoyinki kodwa ngoMoya kaNkulunkulu ophilayo, kungabi
sezibhebheni zamatshe kodwa ezibhebheni eziyizinhliziyo zenyama.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4Kepha sinethemba elinjalo ngoKristu kuNkulunkulu,

5 kungesikho ukuthi singaba namandla ngokwethu okucabanga ngotho ukuthi luvela kithi, kodwa amandla ethu avela kuNkulunkulu,

6 oyena futhi osenzela amandla okuba yizikhonzi zesivumelwano esisha, singesiso esegama kodwa esikaMoya; ngokuba igama liyabulala, kodwa uMoya uyaphilisa.

### Inkazimulo yenkonzo entsha iyayidlula eyendala

7 Kepha uma inkonzo yokufa, enamagama aqoshiwe ematsheni, yafika inenkazimulo, ngangokuba abantwana bakwa-Israyeli babengenakubuka ubuso bukaMose ngenxa yenkazimulo yobuso bakhe eyayingephelayo,

8 pho, inkonzo kaMoya ayiyikuba nenkazimulo kakhulu kunayo na?

9 Ngokuba uma inkonzo yokulahlwa ibinenkazimulo, ikakhulu inkonzo yokulunga inenkazimulo enkulu kakhulu.

10Ngokuba nalokho okwakhazimuliswayo kwakungenankazimulo, uma kulinganiswa nenkazimulo lena edluleleyo.

11Ngokuba uma lokho obekuzakuphela kwaba nenkazimulo, ikakhulu okumiyo njalo kunenkazimulo.

12 Ngakho-ke, lokhu sinethemba elinjalo, sinesibindi sonke,

13asenzi njengoMose owamboza ubuso bakhe ngendwangu, ukuze abantwana bakwa-Israyeli bangakubuki ukugcina kwalokho obekuzakuphela.

14Kodwa ingqondo yabo yaba lukhuni. Ngokuba kuze kube sosukwini lwanamuhla, nxa kufundwa isivumelwano esidala, leyo ndwangu isahlezi ingambuliwe, ngokuba iyapheliswa kuKristu;

15yebo, kuze kube namuhla, nxa kufundwa uMose, indwangu isayimbozile inhliziyo yabo;

16 kepha nxa iphendukela eNkosini, indwangu iyasuswa.

17 INkosi inguye uMoya; kepha lapho uMoya weNkosi ekhona, kukhona inkululeko.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[18]Kepha thina sonke esibuka ngobuso obambuliwe inkazimulo yeNkosi njengasesibukweni siyaguqulwa, sibe njengalowo mfanekiso ngokuya enkazimulweni, njengalokhu kumi ngeNkosi enguMoya.

## 2 kwabaseKorinte 4

### UPawulu ushumayela ivangeli ngesibindi

[1] Ngakho lokhu sinale nkonzo, njengokuba sahawukelwa, asidangali,

[2] kodwa sizilahlile izinto ezifihliwe zehlazo, asihambi ngobuqili, asiliphambanisi izwi likaNkulunkulu, kepha ngokuveza obala iqiniso sizincoma kunembeza wabantu bonke phambi kukaNkulunkulu.

[3]Kepha uma ivangeli lethu lifihlakele, lifihlakele kwabalahlwayo,

[4]okukubona abangakholwa unkulunkulu waleli zwe uphuphuthekisile ingqondo yabo, ukuze kungasi kubo ukukhanya kwevangeli lenkazimulo kaKristu ongumfanekiso kaNkulunkulu.

[5] Ngokuba asizishumayeli thina, kodwa sishumayela uKristu Jesu eyiNkosi nokuthi siyizikhonzi zenu ngenxa kaJesu.

[6] Ngokuba uNkulunkulu owathi: Akuvele ukukhanya ebumnyameni, kukhanye, nguyena owakhanyisa ezinhliziyweni zethu ukuba kukhanye ukwazi inkazimulo kaNkulunkulu ebusweni bukaKristu.

### Amandla avela evangelini ayaqinisa ezinhluphekweni nasezingozini

[7] Kepha le ngcebo sinayo ezitsheni zebumba, ukuze ubukhulu bamandla obukhulu kakhulu bube ngobukaNkulunkulu, bungabi ngobuvela kithi.

[8]Siyacindezelwa nxazonke, kodwa asinyinyekile; siyaxakeka, kodwa asidikibali;

[9] siyazingelwa, kodwa asidelwa; siwiswa phansi, kodwa asibhujiswa;

[10] sithwele njalonjalo emzimbeni wethu ukufa kukaJesu, ukuze nokuphila kukaJesu kubonakaliswe emzimbeni wethu.

[11]Ngokuba sisaphila sinikelwa njalo ekufeni ngenxa kaJesu, ukuze nokuphila kukaJesu kubonakaliswe enyameni yethu efayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Kanjalo kusebenza ukufa kithina, kepha kinina ukuphila.

13 Lokhu sinawo lo moya wokukholwa, njengokulotshiweyo ukuthi:
Ngakholwa, ngakho ngakhuluma, nathi siyakholwa, ngakho-ke siyakhuluma,

14 sazi ukuthi yena owavusa iNkosi uJesu uyakusivusa nathi kanye noJesu,
asethule kanye nani.

15 Ngokuba konke kwenziwa ngenxa yenu, ukuze umusa ngokwandiswa kubo
abaningi uvamise ukubonga, kube ludumo kuNkulunkulu.

16 Ngakho asidangali, kodwa noma kubhubha umuntu wethu wangaphandle,
owangaphakathi wenziwa musha imihla ngemihla.

17Ngokuba usizi lwethu olululana olungolomzuzwana luyasisebenzela
isilinganiso esikhulu kakhulu senkazimulo emiyo phakade,

18thina esingabheki okubonwayo kodwa okungabonwayo; ngokuba
okubonwayo kungokwesikhashana, kepha okungabonwayo
kungokwaphakade.

## 2 kwabaseKorinte 5

### Ukulangazelela ikhaya lasezulwini

1 Ngokuba siyazi ukuthi uma indlu yethu yasemhlabeni eyidokodo idilizwa,
sinesakhiwo esivela kuNkulunkulu, indlu engenziwanga ngezandla,
eyaphakade, esezulwini.

2 Ngenxa yalokho siyabubula, silangazelela ukwelakanyiswa ngendlu yethu
yasezulwini,

3ngokuba sembethe yona, asiyikufunyanwa sihamba ze.

4 Ngokuba thina esisekhona kuleli dokodo sibubula, sisindwa, ngokuba
asithandi ukwambulwa kodwa ukwelakanyiswa, ukuze okufayo kugingwe
ngukuphila.

5 Kepha owasenzela khona lokho nguNkulunkulu owasipha isibambiso
esinguMoya.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Ngakho simi isibindi ngesikhathi sonke, sazi ukuthi, nxa ikhaya lethu lise semzimbeni, sahlukene nekhaya eliseNkosini;

7 ngokuba sihamba ngokukholwa, asihambi ngokubona;

8 simi isibindi, singathanda kakhulu ukwahlukana nekhaya elisemzimbeni, sihlale ekhaya eliseNkosini.

9 Ngalokho futhi, noma sisekhaya noma sahlukene nalo, sihlose ukuba sibe ngabathandeka kuye.

10 Ngokuba thina sonke simelwe ukubonakaliswa phambi kwesihlalo sokwahlulela sikaKristu, ukuze yilowo nalowo amukele njengalokho akwenzileyo esesemzimbeni, noma okuhle noma okubi.

### Ubukhulu benkonzo yokubuyisana

11 Ngakho lokhu sikwazi ukwesaba iNkosi, siyabancenga abantu; kepha sibonakalisiwe kuNkulunkulu; ngiyethemba ukuthi nakuye unembeza wenu sibonakalisiwe.

12 Asizincomi futhi kini, kodwa sininika ithuba lokuzibonga ngathi, ukuze nibe nakho okokuphendula abazibongayo ngokusemehlweni kungesikho okusenhliziyweni.

13 Ngokuba noma sigcwaneka, kungenxa kaNkulunkulu; noma sisangulukile, kungenxa yenu.

14 Ngokuba uthando lukaKristu luyasiqhubezela, sikubona lokhu ukuthi munye owafela bonke; ngakho-ke bonke sebafa;

15 wafela bonke, ukuze abaphilayo bangabe besaziphilela bona, kodwa baphilele yena owabafelayo, wabuye wavuka.

16 Kanjalo thina asisayikwazi umuntu ngokwenyama; nokuba besimazi uKristu ngokwenyama, nokho manje asisamazi.

17 Kanjalo uma umuntu ekuKristu, uyisidalwa esisha; okwakuqala kudlulile; bheka, sekuvele okusha.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[18] Kepha konke kuvela kuNkulunkulu owenza ukuba sibuyisane naye ngoKristu, wasinika inkonzo yokubuyisana,

[19] ngokuba uNkulunkulu ekuKristu wenza ukuba izwe libuyisane naye, engababaleli iziphambeko zabo, ebeka kithi izwi lokubuyisana.

[20] Ngakho singamanxusa kaKristu ngokungathi uNkulunkulu unxusa ngathi; siyanincenga esikhundleni sikaKristu, sithi: Buyisanani noNkulunkulu.

[21] Ongasazanga isono wamenza isono ngenxa yethu, ukuze kuyena senziwe sibe ngukulunga kukaNkulunkulu.

## 2 kwabaseKorinte 6

### UPawulu ululeka ibandla ukuba lingamukeleli ize umusa kaNkulunkulu

[1] Kepha thina esisebenza kanye naye siyanincenga ukuba ningawamukeleli ize umusa kaNkulunkulu --

[2] ngokuba uthi: Ngesikhathi esihle ngikuzwile, nangosuku lwensindiso ngakuhlangulisa; bheka, manje kuyisikhathi esihle kakhulu; bheka, manje kulusuku lwensindiso; --

[3] asibekeli muntu nasinye isikhubekiso nangokukodwa, funa inkonzo yethu isolwe,

[4] kepha kukho konke sizibonakalisa njengezikhonzi zikaNkulunkulu ekubekezeleni okukhulu, nasosizini, nasekusweleni, nasekubandezekeni,

[5]nasekushayweni, nasekuboshweni, naseziyaluyalwini, nasekukhandlekeni, nasekuqwasheni, nasekuzileni ukudla,

[6] nangenhlanzeko, nangokwazi, nangokubekezela, nangobumnene, nangoMoya oNgcwele, nangothando olungazenzisi,

[7]nangezwi leqiniso, nangamandla kaNkulunkulu, nangezikhali zokulunga zesokunene nezesokhohlo,

[8]ngodumo nangehlazo, ngokuhletshwa nangokutuswa, njengabakhohlisi kanti singabeqiniso,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 njengabangaziwayo kanti saziwa kakhulu, njengabafayo kanti bheka, siyaphila, njengabalaywayo kanti asibulawa,

10 njengabadabukileyo kepha siyathokoza njalo, njengabampofu kepha sicebisa abaningi, njengabangenalutho kanti sinakho konke.

### UPawulu uxwayisa abakholwayo ukuba bangadlelani nabangakholwayo

11 Umlomo wethu uvulekele ngakini nina baseKorinte, inhliziyo yethu yanulekile;

12 aninyinyekile kithi, kodwa ninyinyekile ezinhliziyweni zenu;

13 kepha ukuze kube khona ukwenanana, ngikhuluma njengakubantwana, yanulekani nani.

14 Maningaboshelwa ejokeni linye nabangakholwayo, ngokuba kunakuhlanganyela kuni ukulunga nokungalungi na? Kunabudlelwane buni ukukhanya nobumnyama na?

15 Unakuzwana kuni uKristu noBeliyali na? Unasabelo sini okholwayo nongakholwayo na?

16 Linakuvumelana kuni ithempeli likaNkulunkulu nezithombe na? Ngokuba thina siyithempeli likaNkulunkulu ophilayo, njengokuba washo uNkulunkulu ukuthi: Ngiyakuhlala phakathi kwabo, ngihambe phakathi kwabo; ngiyakuba nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami.

17 Ngakho-ke phumani phakathi kwabo, nahlukane nabo, isho iNkosi; ningathinti okungcolileyo; khona ngiyakunamukela,

18 ngibe nguYihlo kini, nina nibe ngamadodana namadodakazi kimi, isho iNkosi uSomandla.

## 2 kwabaseKorinte 7

### UThithu ujabulisa uPawulu ngokumbikela uthando nokulalela kwabaseKorinte

1 Lokhu sinalezo zithembiso, bathandwa, masizihlambulule ekungcoleni konke kwenyama nokomoya, siphelelise ubungcwele ngokumesaba uNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Sivuleleni indawo ezinhliziyweni zenu; asonanga muntu, asonakalisanga muntu, asidlanga muntu.

3Angikusho ngokunilahla; ngokuba ngasho ngaphambili ukuthi nisezinhliziyweni zethu ukuba sife kanye nani, siphile kanye nani.

4 Nginesibindi esikhulu ngani, nginokuzibonga okukhulu ngani; ngigcwele induduzo, nginentokozo enkulu kakhulu phezu kosizi lonke esinalo.

5 Ngokuba nasekufikeni kwethu eMakedoniya inyama yethu ayibanga nakuphumula, kodwa sakhathazeka nxazonke; ngaphandle kwakukhona ukulwa, ngaphakathi ukwesaba.

6 Nokho uNkulunkulu oduduza abadanileyo usiduduzile thina ngokufika kukaThithu,

7kungabi ngokufika kwakhe kuphela, kodwa nangenduduzo aduduzwa ngayo ngani, esilandisa ngokungilangazelela kwenu, nangokungililela kwenu, nangokungishisekela kwenu, ngaze ngathokoza kakhulu.

8 Nakuba nganidabukisa ngencwadi yami, angizisoli; nakuba ngangizisola -- ngiyabona ukuthi leyo ncwadi yanidabukisa noma kwaba yisikhathi nje --

9manje ngiyathokoza, kungengokuba nadabukiswa, kodwa ngokuba nadabukiswa kwaba ngukuphenduka; ngokuba nadabukiswa ngokukaNkulunkulu, ukuze ningalahlekelwa lutho ngathi.

10 Ngokuba ukudabuka okuya ngokukaNkulunkulu kuveza ukuphenduka angezisole ngakho umuntu, kube ngukusindiswa, kepha ukudabuka okuya ngokwezwe kuveza ukufa.

11Ngokuba bhekani, khona lokho kudabukiswa kwenu ngokukaNkulunkulu kwaveza kini ukukhuthala okungaka, yebo, nokuziphendulela, nokuthukuthela, nokwesaba, nokulangazela, nokushiseka, nokuphindisela. Kukho konke nazibonakalisa ukuthi nimhlophe kule ndaba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

[12]Ngakho nakuba nganilobela, angilobanga ngenxa yowonileyo nokuba ngenxa yowoniweyo kodwa ukuze ukukhuthala kwenu ngenxa yethu kubonakaliswe kini phambi kukaNkulunkulu.

[13]Ngalokho siduduzekile. Nasekududuzekeni kwethu sathokoza impela, ikakhulu ngokuthokoza kukaThithu, ngokuba umoya wakhe uhlunyelelwe yinina nonke;

[14] ngokuba uma ngake ngazincoma ngento kuyena ngani, angijabhiswanga; kepha njengokuba konke esakukhuluma kini kwakuyiqiniso, kanjalo nokuzibonga kwethu kuThithu kwaba yiqiniso.

[15] Yebo, isihe sakhe sivamile kakhulu ngakini, lapho ekhumbula ukulalela kwenu nonke ukuthi namamukela ngokwesaba nangokuthuthumela.

[16] Ngiyathokoza, ngokuba ezintweni zonke nginethemba ngani.

## 2 kwabaseKorinte 8

### Ngeminikelo yokusiza amaKristu ampofu

[1] Kepha siyanazisa, bazalwane, ngomusa kaNkulunkulu awuphiweyo amabandla aseMakedoniya

[2] ukuthi ekuvivinyweni okukhulu kosizi ukuthokoza kwawo okuvamileyo nobumpofu bawo obukhulu kwenza ukuba avame kakhulu ekuphaneni okupheleleyo;

[3]ngokuba ngokwawo anikela njengamandla awo, yebo, ngiyafakaza ngithi, nangaphezu kwamandla awo;

[4] asinxusa kakhulu ecela umusa wokuhlanganyela ekukhonzeni abangcwele;

[5]futhi akubanga njengokwethemba kwethu kuphela, kepha bazinikela bona uqobo kuqala eNkosini nakithi futhi ngentando kaNkulunkulu,

[6]saze samncenga uThithu ukuba, njengalokho wayeseqalile ngaphambili, kanjalo afeze futhi kini lowo msebenzi womusa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Kepha njengalokho nivamile kukho konke: ukukholwa, namazwi, nokwazi, nokukhuthala konke, nothando enisithanda ngalo, manivame nakuwo lowo msebenzi womusa.

8 Angikusho njengomyalo, kodwa ukuze ngokukhuthala kwabanye ngivivinye ubuqotho bothando lwenu;

9 ngokuba niyawazi umusa weNkosi yethu uJesu Kristu ukuthi, nakuba ecebile, waba mpofu ngenxa yenu, ukuze ngobumpofu bakhe nicebe nina.

10 Kulokhu nginitshela ukubona kwami; ngokuba lokhu kulungele nina enaqala nyakenye, kungekwenza kuphela kepha nokuthanda;

11kepha manje fezani nokwenza, ukuze njengalokho kwaba khona inhliziyo ethandayo, kanjalo kube khona nokufeza njengeninakho.

12 Ngokuba uma uthando lukhona, kwamukeleka njengalokho umuntu anakho, kungenjengalokho angenakho.

13Ngokuba angikusho lokhu ukuba abanye bakhululeke, nina nikhathazeke, kodwa kube ngokulinganayo,

14 ukuze kuthi ngalesi sikhathi inala yenu isize bona ekusweleni kwabo ukuba nenala yabo isize nina ekusweleni kwenu, kube khona ukulingana,

15 njengalokho kulotshiwe ukuthi: Kowaba nokuningi kakusalanga, nowaba nokuncane kantulanga.

16Kepha makabongwe uNkulunkulu obeka enhliziyweni kaThithu le nkuthalo ngani,

17ngokuba wamukela umyalo wethu, kepha naye ekhuthele kakhulu waphuma eza kini ngokuzithandela.

18 Sithumele kanye naye umzalwane oludumo lwakhe ngevangeli lwandile kuwo onke amabandla,

19 kungesikho lokho kuphela, kodwa ukhethiwe futhi yiwo amabandla ukuba ahambisane nathi ngendaba yalo mnikelo osetshenzwe yithi, kube ludumo kuyo iNkosi, kubonakalise ukukhuthala kwethu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20]sigwemele lokhu ukuthi kungaba khona osisolayo ngalesi sipho esikhulu esisetshenzwe yithi;

[21] ngokuba sinakekela okuhle, kungesemehlweni eNkosi kuphela kodwa nasemehlweni abantu.

[22]Kepha sithumele kanye nabo umzalwane wethu esimfumene kaningi ekhuthele ezintweni eziningi, kepha manje ukhuthele kakhulu ngenxa yokunethemba kwakhe okukhulu.

[23]Uma kubuzwa ngoThithu, yena ungumhlanganyeli nesisebenzi kanye nami kini; noma kubuzwa ngabazalwane bethu, bayizithunywa zamabandla, bayinkazimulo kaKristu.

[24] Ngakho manibonakalise kubo phambi kwamabandla ubufakazi bothando lwenu nokuzincoma kwethu ngani.

## 2 kwabaseKorinte 9

### Ngokunikela nangesibusiso esivela ngokunikela

[1] Ngokuba maqondana nokukhonza abangcwele akuswelekile ukuba nginilobele,

[2] ngokuba ngiyalwazi uthando lwenu engizincoma ngalo ngani kwabaseMakedoniya, uma ngithi i-Akhaya lase lizilungisele kwanyakenye nokuthi ukushisekela kwenu kuvusile iningi labo.

[3]Kepha ngithumile abazalwane ukuba ukuzincoma kwethu ngani kungenziwa ize maqondana nalokhu, ukuze kuthi njengokusho kwami nibe senilungisele,

[4]funa uma ngabe kufika kanye nami abaseMakedoniya, banifumane ningakabi nilungisele, sijabhe thina -- singasaniphathi nina -- ngaleli themba.

[5]Ngalokho-ke bengithi kudingeka ukuba ngincenge abazalwane ukuba bandulele ukuza kini, balungisele ngaphambili isipho senu esathenjiswa ngaphambili, sona sihlale silungisiwe, sibe njengesesibusiso, singabi njengesokuncishana.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Kepha nakhu: ohlwanyela ingcosana uyakuvuna ingcosana, nohlwanyela kakhulu uyakuvuna kakhulu.

7 Yilowo nalowo anikele njengalokho azikhethele khona enhliziyweni, kungabi ngokudabuka nangokucindezelwa, ngokuba uNkulunkulu uyamthanda onikelayo ethokoza.

8 Kepha uNkulunkulu unamandla okunipha umusa wonke uvame, ukuze kuthi ninokwanela konke ezintweni zonke ngezikhathi zonke, nivame imisebenzi yonke emihle,

9 njengokuba kulotshiwe ukuthi: Wahlaphaza, wapha abampofu; ukulunga kwakhe kuhlala kuze kube phakade.

10 Kepha yena onika ohlwanyelayo inhlwanyelo nesinkwa sokudliwa uyakulungisela evise imbewu yenu, andise izithelo zokulunga kwenu,

11ukuze ezintweni zonke nicetshiswe kukho ukuphana konke okuveza ngathi ukubonga uNkulunkulu.

12 Ngokuba ukukhonza ngale nkonzo akuqedi kuphela ukuswela kwabangcwele, kepha futhi kuvamisa kakhulu ukumbonga uNkulunkulu ngabaningi,

13lokhu ngokuvivinyeka kwale nkonzo badumisa uNkulunkulu ngenxa yokulalela kokuvuma kwenu ivangeli likaKristu nangenxa yobuqotho bobudlelwane benu nabo, yebo, nabo bonke,

14banilangazelele futhi ngokunikhulekela ngenxa yomusa omkhulu kakhulu kaNkulunkulu okini.

15Makabongwe uNkulunkulu ngenxa yesipho sakhe esingakhulumekiyo.

## 2 kwabaseKorinte 10

### UPawulu uyazivikela kwabamhlebayo

1 Kepha mina Pawulu uqobo ngiyanincenga ngobumnene nangokuva kukaKristu, mina engithobile phambi kwenu nxa ngikhona, kepha nginesibindi kini nxa ngingekho,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 ngiyacela ukuba, nxa ngikhona, kungasweleki ukuba ngibasukele ngesibindi engiqonde ukuba naso kwabanye abasho ngathi ukuthi sihamba ngokwenyama.

3 Ngokuba noma sihamba sisenyameni kasilwi ngokwenyama,

4 ngokuba izikhali zethu zokulwa kasizo ezenyama, kodwa ngaye uNkulunkulu zinamandla okubhidliza izinqaba, sichitha izizindlo,

5 nakho konke okudephileyo okuziphakamisela ukuthiyana nokumazi uNkulunkulu, namacebo onke siwathumbela ukumlalela uKristu;

6 futhi silungele ukujezisa ukungalaleli konke, nxa sekuphelele ukulalela kwenu.

7 Bhekani lokhu okuphambi kobuso. Uma umuntu ezethemba yena ukuthi ungokaKristu, makabuye aqonde lokhu ngokwakhe ukuthi, njengokuba yena engokaKristu, sinjalo nathi.

8 Ngokuba noma ngingaze ngizibonge ngaphezulwana ngamandla ethu eyasipha wona iNkosi ukuba nakhiwe kungengukuba nibhidlizwe, angiyikujabhiswa,

9 ukuze ngingabi njengokungathi benginethusa nje ngezincwadi.

10 Ngokuba izincwadi-ke bathi zinzima, zibukhali, kepha nxa ekhona ngomzimba, ubuthakathaka, ukukhuluma kwakhe kudelelekile.

11 Onjalo makaqonde lokhu ukuthi lokhu esiyikho ngamazwi ezincwadi nxa singekho, siyakuba yikho ngesenzo nxa sikhona.

12 Ngokuba asinasibindi sokuzilinganisa nokuzifanisa nabathile babo abazincomayo. Kodwa bona, nxa bezilinganisa ngezingqobo zabo, bezifanisa nezingqobo zabo, kaba namqondo.

13 Kepha thina asiyikuzibonga ngaphezu kokulinganisa, kodwa ngesilinganiso sendawo esiyisilinganiso asilinganisele sona uNkulunkulu, ukuze sifinyelele nakini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Ngokuba asizeluli ngokweqisa ngokungathi asifinyeleli kini, ngokuba sifikile kwaze kwaba nakini ngevangeli likaKristu,

15 singazibongi ngemisebenzi yabanye ngaphezu kokulinganisa, kepha sinethemba lokuthi ngokukhula kokukholwa kwenu, siyakukhuliswa kakhulu impela kini endaweni yethu,

16 size sishumayele ivangeli nasezindaweni ezingaphambi kwakini, singazibongi ngezinto esezenziwe endaweni yomunye.

17 Kepha ozibongayo makazibonge eNkosini.

18 Ngokuba akusiye ozincomayo ovunywa abongwe, kepha yilowo iNkosi emncomayo.

## 2 kwabaseKorinte 11

### Ukuziphendulela kukaPawulu ngomsebenzi wakhe nangezinhlupheko ezamvelela ekushumayeleni kwakhe

1 Sengathi ningangibekezelela ebuwuleni obuyingcosana, yebo, ngibekezeleleni.

2 Ngokuba ngiyanishisekela ngokushisekela kukaNkulunkulu, ngokuba nganendisela endodeni eyodwa ukuba nginiyise kuKristu niyintombi emhlophe.

3 Kepha nginovalo lokuthi njengalokho inyoka yamkhohlisa u-Eva ngobuqili bayo, kanjalo izingqondo zenu mhlawumbe zingadukiswa, ziyeke ubuqotho nobumhlophe ngakuKristu.

4 Ngokuba uma kufika umuntu eshumayela omunye uJesu esingamshumayelanga, noma namukela omunye umoya eningawamukelanga, noma elinye ivangeli eningalamukelanga, nikubekezelela kakhulu.

5 Ngokuba ngithi angisilele ngalutho kubaphostoli abaqhamileyo kakhulu.

6 Noma ngiyibhimbi lokukhuluma, nokho angisilo ngokwazi; lokhu sikubonakalisile kinina ngezindlela zonke ezintweni zonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Kumbe ngonile yini ngokuzithoba ukuba niphakanyiswe nina, lokhu nganishumayeza ngesihle ivangeli likaNkulunkulu na?

8 Ngaphanga amanye amabandla, ngithatha iholo kuwo, ukuba ngikhonze nina;

9 nalapho ngikhona kini ngiswele, angibanga mthwalo kumuntu, ngokuba abazalwane abavela eMakedoniya bakuqeda ukuswela kwami; ezintweni zonke ngazilinda ukuba ngingânisindi, futhi ngisezakuzilinda.

10 Njengalokhu iqiniso likaKristu likimi, angiyikwaphucwa lolo dumo ezigodini zase-Akhaya.

11 Ngani na? Ngokuba ngingânithandi na? UNkulunkulu uyazi.

12 Kepha engikwenzayo ngizakukwenza futhi, ukuze ngibaphuce ithuba abafuna ithuba lokuba bafunyanwe benjengathi kulokho abazibonga ngakho.

13 Ngokuba abanjalo bangabaphostoli bamanga, izisebenzi ezikhohlisayo, beziguqula abaphostoli bakaKristu.

14 Akumangalisi, ngokuba uSathane uqobo uziguqula ingelosi yokukhanya.

15 Ngakho akuyinto enkulu, uma nezikhonzi zakhe ziziguqula izikhonzi zokulunga ezikuphela kwazo kuyakuba njengokwemisebenzi yazo.

16 Ngiyaphinda ngithi: Makungasho muntu ngami ukuthi ngiyisiwula; kepha noma kungaba njalo, nokho ngamukeleni njengesiwula, ukuze nami ngizibonge kancane.

17 Lokho engikushoyo ngalesi sibindi sokuzibonga, angikusho ngokweNkosi, kodwa ngikusho kungathi ngobuwula.

18 Lokhu abaningi bezibonga ngokwenyama, nami ngiyakuzibonga.

19 Ngokuba abayiziwula nibabekezelela ngenjabulo, lokhu ningabahlakaniphileyo,

20 ngokuba niyabekezela, uma umuntu enenza izigqila, uma enidla, uma enibamba, uma ezikhukhumeza, uma enishaya ebusweni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21Ngisho ngamahloni ukuthi kade sibuthakathaka. Kepha kulokho umuntu anesibindi ngakho -- ngikhuluma ngobuwula -- nami nginesibindi ngakho.

22 BangamaHeberu na? Nami. Bangaba-Israyeli na? Nami. Bayinzalo ka-Abrahama na? Nami.

23 Bayizikhonzi zikaKristu na? Ngikhulumisa okohlanya -- ngiyiso kakhulu kunabo; ekukhandlekeni kakhulu kunabo, nasekuboshweni kaningi kunabo, nasekushayweni okukhulu impela, nasezingozini zokufa ngezikhathi eziningi.

24 KubaJuda ngathola kahlanu imivimbo, kushiywa munye emashumini amane;

25 ngashaywa kathathu ngezinduku, ngakhandwa kanye ngamatshe, kathathu ngalinyalelwa umkhumbi, ngaba semanzini olwandle ubusuku bunye nemini;

26 ngangisekuhambeni kaningi, nasezingozini zemifula, nasezingozini zabaphangi, nasezingozini kwabakithi, nasezingozini kwabezizwe, nasezingozini emzini, nasezingozini ehlane, nasezingozini elwandle, nasezingozini kubazalwane bamanga,

27 ngokukhandleka nangokukhathazeka, kaningi ngokuqwasha ebusuku, ngokulamba nangokoma, kaningi ngokuzila ukudla, nasemakhazeni nangokuhambaze;

28 ngaphandle kwezinye izinto kukhona okungicindezelayo imihla yonke: ukukhathalela onke amabandla.

29 Ngubani obuthakathaka ngingebuthakathaka nami na? Ngubani okhubekiswayo kungavuthi kimi na?

30 Uma ngimelwe ukuzibonga, ngiyakuzibonga ngobuthakathaka bami.

31 UNkulunkulu noYise weNkosi uJesu, obongekayo phakade naphakade, uyazi ukuthi angiqambi amanga.

32 EDamaseku induna yenkosi u-Aretha yalinda umuzi wamaDamaseku ukuba ingibambe;

33ngehliswa efasiteleni ngesilulu ogangeni, ngaphepha ezandleni zayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## 2 kwabaseKorinte 12

### UPawulu wamukela izambulo kuJesu

1 Kumelwe ukuba ngizibonge noma kungasizi; kepha sengizakuphatha imibono nezambulo zeNkosi.

2 Ngiyamazi umuntu ekuKristu, sekuyiminyaka eyishumi nane -- nakuba wayesemzimbeni angazi, nakuba wayengaphandle komzimba angazi, nguNkulunkulu owaziyo -- onjalo wahlwithwa wayiswa kwelesithathu izulu.

3 Yebo, ngiyamazi umuntu onjalo -- nakuba wayesemzimbeni, nakuba wayengekho emzimbeni, angazi, nguNkulunkulu owaziyo --

4 ukuthi wahlwithwa wayiswa eParadisi, wezwa amazwi angakhulumekiyo, okungavunyelwe ukuba umuntu awakhulume.

5 Ngonjalo ngizakuzibonga, kepha ngami uqobo angizukuzibonga, kuphela ngobuthakathaka bami.

6 Ngokuba noma bengingathanda ukuzibonga, bengingezukuba yisiwula; ngokuba bengizakube ngikhuluma iqiniso, kepha ngiyayeka, funa umuntu acabange ngami okungaphezu kwalokho angibona ngiyikho nakuzwayo kimi.

7 Ngalokho ukuze ngingaziphakamisi kakhulu ngobukhulu bezambulo, nganikwa iva enyameni, ingelosi kaSathane, ukuba ingimukule, ukuze ngingaziphakamisi kakhulu.

8 Ngayo-ke nganxusa iNkosi kathathu ukuba isuke kimi.

9 Yathi kimi: Umusa wami ukwanele; ngokuba amandla ami apheleliswa ebuthakathakeni. Ngakho kunalokho ngijabulela ukuzibonga ngobuthakathaka bami, ukuze amandla kaKristu ahlale phezu kwami.

10 Ngakho ngenamile ebuthakathakeni, nasekuphathweni kabi, nasekusweleni, nasekuzingelweni, nasekubandezekeni ngenxa kaKristu, ngokuba uma ngibuthakathaka, yikhona nginamandla.

### Ukusolwa kwakhe yibandla akukho eqinisweni

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Sengize ngaba yisiwula; nina ningiphoqile. Ngokuba mina kwakufanele ukuba nginconywe yinina. Ngokuba angisilele ngalutho kubaphostoli abaqhamileyo kakhulu, noma ngingento yalutho.

12 Impela izibonakaliso zobuphostoli zenziwe kini ngokukhuthazela konke, nangezibonakaliso, nangezimangaliso, nangemisebenzi yamandla.

13 Ngokuba nancishwani kunamanye amabandla, uma kungeyilokho ukuthi mina angibanga mthwalo kini na? Ngithetheleleni lelo cala.

14 Bhekani, sekungokwesithathu ngilungele ukuza kini; angiyikuba mthwalo kini, ngokuba angifuni okwenu, kodwa ngifuna nina. Ngokuba akubantwana abafanele ukuqongelela abazali, kodwa abazali baqongelela abantwana.

15 Kepha ngokujabula okukhulu ngiyakunikela konke, yebo, ngizinikele mina ngenxa yemiphefumulo yenu. Uma nginithanda kakhulu, kanti kuyilapho ngithandwa kancane na?

16 Kepha makube ngukuthi anginisindanga mina, kodwa lokhu ngiyisihlakaniphi, nganibamba ngobuqili.

17 Ngake nganiqilizela yini ngomunye walabo engabathumela kini na?

18 Nganxusa uThithu, ngathuma kanye naye umzalwane; uThithu wake waniqilizela na? Asihambanga ngamoya munye na? Nangamkhondo munye na?

**Iziluleko zokugcina zikaPawulu kwabaseKorinte**

19 Kade nicabanga ukuthi siyaziphendulela kini. Thina sikhuluma phambi kukaNkulunkulu sikuKristu; kepha konke, bathandwa, kwenzelwa ukwakhiwa kwenu.

20 Ngokuba nginovalo lokuthi ekufikeni kwami mhlawumbe ngizakunifumana ningenjengalokho engikuthandayo, nami ngifunyanwe yinina nginjengalokho eningakuthandiyo, mhlawumbe kube khona ukuphikisana, nomhawu, nokuthukuthela, nemibango, nenhlebo, nokuceba, nokukhukhumala, neziyaluyalu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[21]funa kuthi ekufikeni kwami futhi uNkulunkulu wami angithobise phambi kwenu, ngililele abaningi abakade bonile, bengaphendukanga kukho ukungcola nobufebe namanyala abakwenzileyo.

## 2 kwabaseKorinte 13

### UPawulu uthi uzakubahlola ngesineke nxa esefikile kubo

[1] Lokhu kungokwesithathu ngiza kini. Ngemilomo yawofakazi ababili nabathathu izindaba zonke ziyakuqiniswa.

[2] Besengishilo ngaphambili kulabo abakade bonile nakubo bonke abanye, nakalokhu ngisho ngaphambili -- ngisho manje ngingekho, njengalokho ngasho ngikhona ngokwesibili -- ukuthi nxa ngifika futhi, angiyikuyekethisa.

[3]Ngokuba nifuna ubufakazi bokuthi kunguKristu okhulumayo kimi, yena ongebuthakathaka ngakini, kepha unamandla phakathi kwenu.

[4] Ngokuba noma wabethelwa esiphambanweni ngobuthakathaka, nokho uyaphila ngamandla kaNkulunkulu. Ngokuba nathi sibuthakathaka kuye, kodwa sizakuphila kanye naye ngamandla kaNkulunkulu ngakini.

### UPawulu ululeka ukuba nabo bazihlole, engakafiki

[5] Zihloleni nina, nibone ukuba nisekukholweni yini, nizivivinye nina. Kanti anizazeli yini ukuthi uJesu Kristu ukinina? Uma kungenjalo, ningabokwaliwa.

[6]Kepha ngiyethemba ukuthi nizakwazi ukuthi thina asisibo abokwaliwa.

[7]Siyakhuleka kuNkulunkulu ukuba ningenzi lutho olubi, angisho ukuze sibonakale thina singabavunyiweyo kepha ukuba nina nikwenze okuhle, noma thina singaba njengabaliwayo.

[8]Ngokuba asinamandla okwenza utho, uma simelana neqiniso, kuphela uma simela iqiniso.

[9] Ngokuba siyajabula, nxa sibuthakathaka thina, nina-ke ninamandla; sikukhulekela nalokhu: ukupheleliswa kwenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10Ngalokho ngiloba lezi zinto ngingekho, ukuze, nxa ngikhona, ngingenzi kabukhali ngokwamandla eyanginika wona iNkosi, kube ngawokwakha, kungabi ngawokubhidliza.

### Isigcino

11 Elokugcina, bazalwane, thokozani, niphileliswe, niduduzwe, nibe nhliziyonye, nibe nokuthula; khona uNkulunkulu wothando nokuthula uyakuba nani.

12 Bingelelanani ngokwanga okungcwele.

13Abangcwele bonke bayakhonza kini.

14Umusa weNkosi uJesu Kristu, nothando lukaNkulunkulu, nokuhlangana kukaMoya oNgcwele makube nani nonke. Amen.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# KwabaseGalathiya

## KwabaseGalathiya 1

### Isibingelelo

1 UPawulu, umphostoli ongaveli kubantu noma ngomuntu, kodwa ngoJesu
Kristu noNkulunkulu uYise owamvusa kwabafileyo,

2nabazalwane bonke abanami kuwo amabandla aseGalathiya:

3 Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu
naseNkosini yethu uJesu Kristu

4 owazinikela ngenxa yezono zethu, ukuze asophule kuleli zwe elibi lamanje
ngokwentando kaNkulunkulu uBaba wethu;

5makube kuye udumo kuze kube phakade. Amen.

### Ukuhlubuka kwabaseGalathiya kulo ivangeli eliyilo

6 Ngiyamangala ngokuba nimhlubuka masinya kangaka yena owanibizela
emuseni kaKristu, niye kwelinye ivangeli,

7 elingesilo elinye, kuphela ukuba bakhona abanididayo, bethanda
ukuphendukezela ivangeli likaKristu.

8 Kepha-ke noma kungaba yithina noma ingelosi evela ezulwini
enishumayeza ivangeli eliphambene nalelo esanishumayeza lona, makabe
ngoqalekisiweyo.

9Njengalokho sesishilo, ngisaphinda nakalokhu, ngithi: Uma umuntu
enishumayeza ivangeli eliphambene nalelo enalamukelayo, makabe
ngoqalekisiweyo.

### UPawulu wathola ubuphostoli kuNkulunkulu

10 Ngokuba manje ngizincengela kubantu noma kuNkulunkulu na? Kukho,
ngifuna ukuzikholekisa kubantu yini? Uma bengisazikholekisa kubantu,
kungaba angisiyo inceku kaKristu.

11 Ngokuba ngiyanazisa, bazalwane, ukuba ivangeli elishunyayelwe yimina
alisilo elingokwabantu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngokuba nami angilamukeliswanga ngumuntu, futhi angilifundiswanga,
kepha ngilithole ngokwambulelwa nguJesu Kristu.

13 Nizwile phela lokhu ngenkambo yami yakuqala ebuJudeni ukuthi
ngalizingela kakhulu ibandla likaNkulunkulu, ngalichitha,

14 futhi ebuJudeni ngabadlula abaningi abayintanga yami kwabakithi,
ngishisekela kakhulu kunabo amasiko awokhokho.

15 Kepha-ke mhla kwaba kuhle kuNkulunkulu owangahlukanisela
kwasesiswini sikamame, wangibiza ngomusa wakhe

16 ukuba ayambule iNdodana yakhe kimi, ukuze ngiyishumayele phakathi
kwabezizwe, khona lapho angibuzananga nenyama negazi,

17 futhi angenyukelanga eJerusalema kubona ababe ngabaphostoli ngaphambi
kwami, kodwa ngamuka ngaya e-Arabiya, ngaphinda ngabuyela eDamaseku.

18 Kwathi emva kweminyaka emithathu ngenyukela eJerusalema ukubona
uKhefase; ngahlala kuye izinsuku eziyishumi nanhlanu.

19 Kepha angibonanga omunye wabaphostoli, kuphela uJakobe umnawe
weNkosi.

20 Kulokhu-ke enginilobela khona bhekani, phambi kukaNkulunkulu,
angiqambi amanga.

21 Emva kwalokho ngeza emazweni aseSiriya naseKhilikhiya.

22 Ngangisengongaziwayo ngobuso emabandleni aseJudiya akuKristu,

23 abesezwile nje ukuthi: Lowo okade esizingela useshumayela ukukholwa
akade ekuchitha.

24 Ayesedumisa uNkulunkulu ngami.

## KwabaseGalathiya 2

### Ivangeli elishunyayelwa nguPawulu lamukelwa ngabaphostoli baseJerusalema

1 Kwathi emva kweminyaka eyishumi nane ngabuye ngenyukela eJerusalema
kanye noBarnaba, ngithatha noThithu futhi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Kepha ngenyukela ngambulelwe; ngabalandisa ivangeli engilishumayela phakathi kwabezizwe, kepha phambi kwabadumileyo bebodwa, funa mhlawumbe kungaba ngukuthi ngigijimela ize, noma sengagijimela ize.

3 Kepha ngisho noThithu owayenami engumGreki kaphoqwanga ukuba asoke.

4Kepha kwaba ngenxa yabazalwane bamanga abangeniswa ngasese, abangena ngokunyenya, bezakuhlola ukukhululeka kwethu esinakho kuKristu Jesu, ukuze basenze izigqila,

5esingabahlehlelanga nasikhashana ngokubathobela, ukuze iqiniso levangeli lime njalo kinina.

6 Kepha kwabadumile ngokuthi bayinto -- nokuba babe yini, akulutho kimi; uNkulunkulu akakhethi ubuso bamuntu -- ngokuba kimi abadumileyo abenezelanga lutho.

7 Kepha kunalokho, lapho bebona ukuthi ngithenjiwe ngevangeli kwabangasokiyo njengoPetru kwabasokayo,

8ngokuba yena owanika uPetru amandla ukuba abe ngumphostoli wabasokayo wanginika nami amandla ukuba ngibe ngumphostoli wabezizwe,

9 bathi ukubona umusa engiwuphiweyo, oJakobe noKhefase noJohane, ababaziswa ngokuthi bayizinsika, banika mina noBarnaba isandla sokunene sokuhlangana ukuba thina siye kwabezizwe, kepha bona baye kwabasokayo,

10 kuphela ukuba sikhumbule abampofu, eyonanto nami ebengikhuthalele ukuyenza.

### UPawulu walwela ivangeli emelene noPetru e-Antiyokiya

11Kepha ekufikeni kukaKhefase e-Antiyokiya ngamelana naye ubuso nobuso, ngokuba wayenecala.

12 Ngokuba bengakafiki abanye ababevela kuJakobe, wayedla nabezizwe; kepha kuthe ukuba kufike bona, wamonyuka, wazahlukanisa nabo, esaba abokusoka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13Nabanye abaJuda futhi bazenzisa kanye naye, waze wathatheka noBarnaba ngokuzenzisa kwabo.

14 Kepha kuthe sengibonile ukuthi kabahambisi ngokweqiniso levangeli, ngathi kuKhefase phambi kwabo bonke: Uma wena ongumJuda uhamba ngokwabezizwe, ungahambi ngokwabaJuda, ubaphoqa kanjani abezizwe ukuba bahambe ngokwabaJuda na?

15 Thina singabaJuda ngemvelo, singesizo izoni zabezizwe;

16 kepha lokhu sazi ukuthi umuntu akalungisiswa ngemisebenzi yomthetho, kuphela ngokukholwa nguKristu Jesu, nathi sakholwa nguKristu Jesu ukuba silungisiswe ngokukholwa nguKristu kungengemisebenzi yomthetho; ngokuba ngemisebenzi yomthetho akuyikulungisiswa nyama.

17 Kepha uma thina, lapho sifuna ukulungisiswa ngoKristu, nathi uqobo safunyanwa siyizoni, kanti uKristu uyisikhonzi sesono na? Qha nakanye.

18Ngokuba uma ngibuye ngakhe engikudilizileyo, ngifakaza ukuthi ngingoweqa umthetho.

19 Ngokuba ngomthetho mina ngafa kuwo umthetho, ukuze ngiphilele uNkulunkulu. Ngibethelwe kanye noKristu;

20 akuseyimi ophilayo, kepha uKristu uphila kimi; kodwa ukuphila engikuphilayo kalokhu enyameni ngikuphila ngokukholwa, okungukukholwa yiNdodana kaNkulunkulu eyangithandayo, yazinikela ngenxa yami.

21 Angiwenzi ize umusa kaNkulunkulu, ngokuba uma ukulunga kuya ngomthetho, khona uKristu wafela ize.

## KwabaseGalathiya 3

### UMoya uyamukelwa ngokukholwa

1O nina maGalathiya angaqondiyo! Ngubani oniloyileyo nina enalotshelwa phambi kwamehlo enu umfanekiso kaJesu Kristu ebethelwe esiphambanweni na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2 Yilokhu kuphela engithanda ukukwazi kinina ukuthi: Namukeliswa uMoya ngemisebenzi yomthetho noma ngezwi lokukholwa na?

3 Niwulekile kangaka na? Niqalile kuMoya seniyakugcina enyameni na?

4 Nahlupheka kangaka ngeze na? uma kambe kungeze.

5 Ngakho yena oninikayo uMoya noveza imisebenzi yamandla phakathi kwenu ukwenza ngemisebenzi yomthetho noma ngezwi lokukholwa na?

### Umuntu uyalungisiswa ngokukholwa

6 Njengalokho u-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, kwabalelwa kuye ukuthi ngukulunga.

7 Yazini-ke ukuthi abokukholwa yibona abangamadodana ka-Abrahama.

8 Kepha umbhalo, ubona ngaphambili ukuthi uNkulunkulu uzakulungisisa abezizwe ngokukholwa, walishumayela ngaphambili ivangeli ku-Abrahama, wathi: Izizwe zonke ziyakubusiswa kuwe.

9 Njalo-ke abokukholwa bayabusiswa kanye no-Abrahama okholwayo.

10 Ngokuba bonke abemisebenzi yomthetho baphansi kwesiqalekiso, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Baqalekisiwe bonke abangemi njalo kukho konke okulotshiweyo encwadini yomthetho ukuba bakwenze.

11 Kepha ukuthi ngomthetho akukho muntu olungisiswayo phambi kukaNkulunkulu kusobala, ngokuba olungileyo uzakuphila ngokukholwa;

12 ngokuba umthetho awusiwo owokukholwa, kodwa owenza lokho uyakuphila ngakho.

13 UKristu wasihlenga esiqalekisweni somthetho, ebenziwe isiqalekiso ngenxa yethu, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Baqalekisiwe bonke abalenga emthini,

14 ukuba isibusiso sika-Abrahama ngoKristu Jesu sifike kubo abezizwe, ukuze samukeliswe isithembiso sikaMoya ngokukholwa.

### Isithembiso asichithwa ngumthetho

15 Bazalwane, ngikhulumisa okwabantu: nokuba kuyintando yokugcina yomuntu eyaqiniswayo, akakho oyichithayo noma enezele kuyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Manje-ke izithembiso zanikwa u-Abrahama nenzalo yakhe; akasho ukuthi:
Ezinzalweni, kungathi ngeziningi, kepha kungathi ngeyodwa ukuthi:
Nasenzalweni yakho enguKristu.

17 Kepha ngisho lokhu ukuthi isivumelwano esaqiniswa nguNkulunkulu
ngaphambili, umthetho owavela emva kweminyaka engamakhulu amane
namashumi amathathu, awusesuli, uze usichithe isithembiso;

18 ngokuba uma ifa likhona ngomthetho, alikho ngesithembiso; kepha
uNkulunkulu umnikile lona u-Abrahama ngesithembiso.

19 Pho, umthetho uyini na? Wenezelwa ngenxa yeziphambeko, kuze kufike
inzalo enikiwe isithembiso, umisiwe ngezingelosi, ngesandla somlamuleli.

20 Kepha umlamuleli kasiye owamunye; kepha uNkulunkulu munye.

21Pho-ke, umthetho uphambene nezithembiso zikaNkulunkulu na? Qha
nakanye. Ngokuba uma wawunikiwe umthetho onamandla okuphilisa,
ngempela ukulungisiswa ngakuya ngomthetho.

22 Kepha umbhalo uvalele konke phansi kwesono, ukuze isithembiso
ngokukholwa nguJesu Kristu siphiwe abakholwayo.

### Umthetho ongumlayi uyisa kuKristu

23 Kepha kungakafiki ukukholwa, sasigcinwa phansi komthetho, sivalelwe
kuze kufike ukukholwa obekuzakwambulwa.

24 Njalo-ke umthetho sewaba ngumlayi wethu wokusiyisa kuKristu, ukuze
silungisiswe ngokukholwa.

25Kepha-ke sekufikile ukukholwa, asisephansi komlayi.

26 Ngokuba nonke ningabantwana bakaNkulunkulu ngokukholwa kuKristu.

27 Ngokuba nonke enabhapathizelwa kuKristu nembatha uKristu.

28 Akakho umJuda nomGreki, akakho oboshiweyo nokhululekileyo, akakho
owesilisa nowesifazane, ngokuba nina nonke nimunye kuKristu Jesu.

29 Kepha uma ningabakaKristu, seniyinzalo ka-Abrahama, niyizindlalifa
ngokwesithembiso.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## KwabaseGalathiya 4

### NgoKristu sithola ukuba sibe ngabantwana bakaNkulunkulu

1Kepha ngithi ngesikhathi indlalifa iseyingane, kayahlukile ngalutho encekwini, ingani iyinkosi yakho konke;

2kodwa iphansi kwabaphathi nababonisi, kuze kube yisikhathi esamiswa nguyise ngaphambili.

3Kanjalo nathi, lapho siseyizingane, sasisebugqileni phansi kwezifundiso zobungane zezwe;

4 kepha lapho sekufikile ukuphelela kwesikhathi, uNkulunkulu wathuma iNdodana yakhe, izelwe ngowesifazane, izelwe phansi komthetho,

5 ukuze ihlenge abaphansi komthetho ukuba samukele ukuma kwamadodana.

6 Lokhu ningamadodana, uNkulunkulu uthumile uMoya weNdodana yakhe ezinhliziyweni zenu omemeza ethi: Aba, Baba!

7 Njalo-ke awuseyiyo inceku, kepha usuyindodana; kepha uma uyindodana, uyindlalifa futhi ngaye uNkulunkulu.

8 Kepha ngaleso sikhathi ningamazi uNkulunkulu naniyizigqila phansi kwalabo abangesibo onkulunkulu ngemvelo;

9 kepha manje, njengalokhu senimazi uNkulunkulu, yebo, phezu kwalokho, niyaziwa nguNkulunkulu, kukanjani ukuba nibuyele ezifundisweni zobungane ezilulana nezingelutho, enithanda ukuphinda nibe yizigqila zazo na?

10Nigcina izinsuku, nezinyanga, nezikhathi, neminyaka.

11 Nginovalo ngani ukuthi mhlawumbe nginihluphekele ngeze.

12 Yibani njengami, ngokuba nami nginjengani; bazalwane, ngiyanincenga. Aningonanga ngalutho;

13 kepha niyazi ukuthi kwaba ngenxa yobuthakathaka benyama ukuba ngishumayele ivangeli kini okokuqala,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14 nokulingwa kwenu ngenyama yami anikudelelanga, aninengwanga yikho, kodwa nangamukela ngokungathi ngiyingelosi kaNkulunkulu, ngokungathi nginguKristu Jesu.

15Pho, sekwayaphi ukuzihalalisela kwenu na? Ngokuba ngiyanifakazela ngokuthi, uma kwakungenzeka, nanizakukhipha amehlo enu, ninginike wona.

16Konje sengaba yisitha kini ngokunishumayeza iqiniso na?

17 Banishisekela ngokungekuhle, yebo, bafuna ukunivalela ngaphandle, ukuze nishisekele bona.

18Kepha kuhle ukushisekelelwa ngento enhle njalonjalo, kungabi nxa ngikhona kini kuphela,

19bantwana bami, enginemihelo futhi ngani, uKristu aze abunjwe phakathi kini;

20kepha bengingathanda ngibe khona kini manje, ngiguqule izwi lami, ngokuba ngididekile ngani.

### OSara noHagari bayimifanekiso yezivumelwano ezimbili

21Ngitsheleni nina enithanda ukuba phansi komthetho, aniwuzwa yini umthetho na?

22 Ngokuba kulotshiwe ukuthi u-Abrahama wayenamadodana amabili, enye kuso isigqilakazi nenye kokhululekileyo.

23 Kodwa eyesigqilakazi izelwe ngokwenyama, kepha eyokhululekileyo izelwe ngesithembiso.

24 Lokhu kungukufanekisa; ngokuba laba bayizivumelwano ezimbili, esinye ngesasentabeni yaseSinayi, esizalela ubugqila, esinguHagari.

25Kepha uHagari lo uyintaba yaseSinayi e-Arabiya, eqondene neJerusalema lakalokhu, ngokuba lisebugqileni nabantwana balo.

26Kepha iJerusalema eliphezulu likhululekile, lona lingumame wethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

27Ngokuba kulotshiwe ukuthi: Thokoza wena nyumba ongazaliyo; mpompoloza wena ongenamihelo; ngokuba abantwana boyisikhwebu baningi kunabakhe onendoda.

28Kepha nina bazalwane, njengo-Isaka ningabantwana besithembiso.

29Kepha njengakuleso sikhathi owazalwa ngokwenyama wazingela owazalwa ngokoMoya, kunjalo-ke namanje.

30 Kodwa umbhalo uthini na? Uthi: Xosha isigqilakazi nendodana yaso, ngokuba indodana yesigqilakazi ayisoze yalidla ifa kanye nendodana yokhululekileyo.

31Ngakho-ke, bazalwane, asisibo abantwana besigqilakazi, singabokhululekileyo.

## KwabaseGalathiya 5

### Isiyalezo sokuphatha kahle inkululeko engobuKristu

1 UKristu wasikhulula ukuba sibe nenkululeko; ngakho-ke yimani niqine, ningabe nisaboshelwa ejokeni lobugqila.

2 Bhekani, mina Pawulu ngithi kini, uma nisoka, uKristu kayikunisiza ngalutho.

3Ngiyaphinda ngiqinisa kumuntu wonke osokayo ukuthi unecala lokugcina umthetho wonke.

4 Nahlukene noKristu nina nonke enifuna ukulungisiswa ngomthetho; niwile emseni.

5 Ngokuba thina ngaye uMoya sihlalela ithemba lokulungisiswa ngokukholwa.

6 Ngokuba kuKristu Jesu akusizi lutho ukusoka nokungasoki, kepha kuphela ukukholwa okusebenza ngothando.

7Benigijima kahle; pho, nithiywe ngubani ukuba ningalaleli iqiniso na?

8Lokho kuyenga akuveli konibizayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Imvubelo eyingcosana ibilisa inhlama yonke.

10Nginethemba ngani eNkosini ukuthi aniyikuba nawo omunye umqondo; kepha onikhathazayo uyakuthwala ukwahlulelwa kwakhe, noma engubani.

11 Kepha mina, bazalwane, uma ngisashumayela ukusoka, ngisazingelelwani na? Ngabe siphelile isikhubekiso sesiphambano.

12Sengathi bangazihuna abaninyakazisayo.

**Imisebenzi yenyama nezithelo zikaMoya**

13 Ngokuba nina bazalwane nabizelwa ekukhululekeni. Kuphela ningakwenzi ukukhululeka kube yithuba enyameni, kepha khonzanani ngothando.

14 Ngokuba umthetho wonke ugcwalisiwe ezwini linye lokuthi: Wothanda umakhelwane wakho njengokuba uzithanda wena.

15Kepha uma nilumana, nidlana, qaphelani ukuba ningaqedani.

16 Kepha ngithi: Hambani ngoMoya, khona aniyikufeza izinkanuko zenyama.

17 Ngokuba inyama ikhanuka okuphambene noMoya, kepha uMoya ukhanuka okuphambene nenyama; ngokuba lezi zinto ziyamelana, ukuze ningenzi lokho enikuthandayo.

18Kepha uma niholwa nguMoya, aniphansi komthetho.

19 Kepha imisebenzi yenyama isobala, engukuthi: ubufebe, nokungcola, namanyala,

20nokukhonza izithombe, nokuthakatha, nobutha, nokulwa, nomona, nokuthukuthela, nokubanga, nokwalana, nokwahlukana,

21 nomhawu, nokudakwa, nokuxokozela, nokunjalo engandulela ukunitshela ngakho, njengokuba senganitshela ukuthi abenza okunje abayikulidla ifa lombuso kaNkulunkulu.

22 Kepha izithelo zikaMoya ziluthando, nokujabula, nokuthula, nokubekezela, nobubele, nobuvi, nokukholeka,

23 nobumnene, nokuzithiba. Akukho mthetho omelana nokunjalo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

24 Kepha abakaKristu Jesu babethele esiphambanweni inyama kanye nokuhuheka nezinkanuko.

25Uma siphila ngoMoya, masihambe futhi ngoMoya.

26Masingafuni udumo oluze, siqalana, sifelane umhawu.

## KwabaseGalathiya 6

### Iziyalezo zokugcina

1 Bazalwane, uma umuntu ehlelwa yisiphambeko, nina bomoya mbuyiseni onjalo ngomoya wobumnene; uzibheke wena, funa uyengwe nawe.

2 Thwalisanani imithwalo yenu, nigcwalise kanjalo umthetho kaKristu.

3 Ngokuba uma umuntu ezishaya utho, engelutho, uyazikhohlisa.

4Kepha makube yilowo nalowo ahlole owakhe umsebenzi, yikhona eyakuba nokubongwa ngokungokwakhe yedwa, kungengokomunye,

5 ngokuba yilowo nalowo uyakuthwala owakhe umthwalo.

6 Kepha yena ofundiswa izwi makahlanganyele nalowo omfundisayo kuzo zonke izinto ezinhle.

7 Ningaduki; uNkulunkulu akahlekwa. Ngokuba lokho akuhlwanyelayo umuntu, lokho wokuvuna.

8 Ngokuba ohlwanyelela inyama yakhe uyakuvuna ukubhubha kuyo inyama; kepha ohlwanyelela uMoya uyakuvuna ukuphila okuphakade kuMoya.

9 Kepha masingakhathali ekwenzeni okuhle, ngokuba siyakuvuna ngesikhathi esifaneleyo, uma singadangali.

10Ngakho-ke njengokuba sinethuba, asenze okuhle kubo bonke, kepha ikakhulu kwabendlu yokukholwa.

### Isigcino

11Ake nibone ukuloba okungaka enginilobele ngakho ngesami isandla.

12 Bonke abafuna ukubukeka enyameni, yibona abaniphoqela ukusoka, kuphela ukuba bangayikuzingelwa ngenxa yesiphambano sikaKristu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Ngokuba ngisho bona abasokayo nabo kabawugcini umthetho, kodwa bathanda ukuba nisoke, ukuze bazibonge ngenyama yenu.

14 Kepha kimi makungabikho nakanye ukuzibonga, kuphela ngesiphambano seNkosi yethu uJesu Kristu, okubethelwe ngaye izwe kimi nami kulo izwe.

15 Ngokuba nakusoka nakungasoki akulutho, isidalwa esisha kuphela.

16 Bonke abahamba ngale ndlela makube kubo ukuthula nesihawu, yebo, ku-Israyeli kaNkulunkulu.

17 Mangingabe ngisakhathazwa muntu, ngokuba ngiphethe emzimbeni wami izimpawu zikaJesu.

18 Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu mawube nomoya wenu, bazalwane. Amen.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# Kwabase-Efesu

## Kwabase-Efesu 1

### Isibingelelo

1 UPawulu, umphostoli kaKristu Jesu ngentando kaNkulunkulu, kubo abangcwele abase-Efesu nakubo abakholwa nguKristu Jesu:

2Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu naseNkosini uJesu Kristu.

### UPawulu udumisa uNkulunkulu ngenxa yensindiso asenzela yona ngoKristu

3 Makabongwe uNkulunkulu, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu osibusisile ezulwini kuKristu ngesibusiso sonke sokomoya,

4njengalokho asikhethela kuye ngothando ngaphambi kokusekelwa kwezwe ukuba sibe ngcwele, singabi nakusolwa phambi kwakhe;

5 wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba kuhle kuye ngentando yakhe,

6 ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe asiphe wona ngesihle ngaye oThandiweyo;

7esinokuhlengwa kuye ngegazi lakhe, ukuthethelelwa kwezono ngokwengcebo yomusa wakhe

8 awuvamisa kithi ngakho konke ukuhlakanipha nokuqonda,

9 esazisa imfihlakalo yentando yakhe njengokuzibonela kwakhe azimisela khona ngaphambili,

10 kuze kube yihlelo lokuphelela kwezikhathi lokuba kuhlanganiselwe ndawonye kuKristu konke okusezulwini nokusemhlabeni;

11 kuyena esabelwa futhi ifa kuye, esakumiselwa ngaphambili ngokwesimiso salowo osebenza izinto zonke ngokunquma kwentando yakhe,

12ukuze sibe ludumo lwenkazimulo yakhe, thina esethemba ngaphambili kuKristu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 kuye nani esenizwile izwi leqiniso, ivangeli lokusindiswa kwenu,
enakholwa nguye futhi, nani nabekwa uphawu olunguMoya oNgcwele
wesithembiso

14 oyisibambiso sefa lethu, kube ngukuhlengwa kokungokwakhe, ukuze
kutuswe inkazimulo yakhe.

**UPawulu ucelela ibandla ukuba lazi ubukhosi bukaKristu**

15 Ngalokho nami, sengizwile ngokukholwa okukini eNkosini uJesu nothando
kubo bonke abangcwele,

16 angiyeki ukubonga ngenxa yenu, nginikhumbula emikhulekweni yami,

17ukuze uNkulunkulu weNkosi yethu uJesu Kristu, uYise wenkazimulo,
aniphe umoya wokuhlakanipha nokwambulelwa ekumazini yena;

18 ekhanyisiwe amehlo enhliziyo yenu, nize nazi okuyithemba lobizo lwakhe
nokuyingcebo yenkazimulo yefa lakhe kubo abangcwele,

19 nokungubukhulu obumangalisayo bamandla akhe kithina esikholwayo,
ngokokusebenza kwamandla akhe amakhulu

20 asebenze ngawo kuKristu emvusa kwabafileyo, wamhlalisa
ngakwesokunene sakhe ezulwini,

21 ngaphezu kwakho konke ukubusa, negunya, namandla, nobukhosi,
namagama onke aphathwayo, kungekuleli zwe lodwa kepha nakulo elizayo;

22wakubeka konke phansi kwezinyawo zakhe, wammisa abe yinhloko phezu
kwakho konke kulo ibandla,

23 elona lingumzimba wakhe, ukugcwala kwakhe ogcwalisa konke kubo
bonke.

## Kwabase-Efesu 2

**Abezizwe bahlanganyela nabaJuda insindiso yomusa**

1 Uniphilisile nani enanifile ngeziphambeko nangezono zenu,

2enanikade nihamba kuzo ngokwendlela yaleli zwe, ngokombusi wamandla
omkhathi, ongumoya osasebenza kubantwana bokungalaleli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[3]esasikade sihamba phakathi kwabo sonke ezinkanukweni zenyama yethu, senza intando yenyama neyengqondo; ngemvelo sasingabantwana bolaka njengabo abanye.

[4] Kepha uNkulunkulu ecebile ngesihawu, ngenxa yothando lwakhe olukhulu asithanda ngalo,

[5] sesifile ngeziphambeko, wenza siphile kanye noKristu -- kungomusa nisindisiwe --

[6]wasivusa kanye naye, wasihlalisa kanye naye embusweni wezulu kuKristu Jesu,

[7]kuze kuthi ezikhathini ezizayo abonakalise ingcebo enkulu yomusa wakhe ngobubele kithina kuKristu Jesu.

[8] Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu;

[9]akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo.

[10] Ngokuba singumsebenzi wakhe kuKristu Jesu, sidalelwe imisebenzi emihle ayilungisela ngaphambili uNkulunkulu ukuba sihambe kuyo.

[11] Ngakho khumbulani ukuthi nina enanikade ningabezizwe ngokwenyama, ababizwa ngokuthi abangasoki yilabo ababizwa ngokuthi abokusoka, okwenziwa ngezandla enyameni,

[12] ukuthi ngaleso sikhathi naningenaye uKristu, naningaphandle kombuso ka-Israyeli, naningabafokazi ezivumelwaneni zesithembiso, ningenathemba, ningenaNkulunkulu ezweni.

[13]Kepha manje kuKristu Jesu nina enanikade nikude senenziwe abaseduze ngegazi likaKristu.

[14] Ngokuba yena ungukuthula kwethu, owenza kokubili kwaba kunye, nowabhidliza udonga olwahlukanisayo olungubutha,

[15]ngenyama yakhe ewenzile ize umthetho wemiyalo esezimisweni ukuba adale kuyena labo ababili babe muntu munye omusha, enze ukuthula,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16enze futhi ukuba bobabili babuyisane noNkulunkulu emzimbeni munye
ngesiphambano, esebulele ubutha ngakho.

17 Weza washumayela ivangeli lokuthula kinina enanikude, yebo, ukuthula
nakubo abaseduze.

18 Ngokuba ngaye sinokungena sobabili ngoMoya munye kuYise.

19 Ngakho aniseyibo abafokazi nezihambi, kodwa senimbuso munye
nabangcwele, ningabendlu kaNkulunkulu,

20 nakhiwe phezu kwesisekelo sabaphostoli nabaprofethi, uKristu Jesu uqobo
lwakhe eyitshe legumbi,

21 okuhlanganiselwe kuye isakhiwo sonke, sikhule sibe yithempeli elingcwele
eNkosini,

22okukuyo nani, nakhiwe kanye nabanye, ukuba nibe yindlu kaNkulunkulu
ngoMoya.

## Kwabase-Efesu 3

### UPawulu umiselwe ukwambula imfihlakalo kaKristu

1 Ngenxa yalokho mina Pawulu ngiyisiboshwa sikaKristu Jesu ngenxa yenu
nina bezizwe --

2 uma ngabe senizwile ngohlelo lomusa kaNkulunkulu engiwuphiweyo
ngenxa yenu

3 ukuthi ngaziswa imfihlakalo ngesambulo, njengalokho sengaloba
ngokufushane --4okungakho, nxa nikufunda, ningaqonda ukwazi kwami
ngemfihlakalo kaKristu,

5 bengayaziswanga abantwana babantu ezizukulwaneni ezinye, njengalokhu
isiyambuliwe manje kubaphostoli bakhe abangcwele nabaprofethi ngoMoya

6 ukuthi abezizwe bayizindlalifa kanye nathi, nokuthi bamzimba munye
nathi, nokuthi bangabahlanganyeli besithembiso kanye nathi kuKristu Jesu
ngevangeli;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 engenziwa isikhonzi salo ngokwesipho somusa kaNkulunkulu engiwuphiwe
ngokokusebenza kwamandla akhe.

8 Mina engimncinyane kunabo bonke abangcwele ngaphiwa lowo musa
wokushumayeza abezizwe ivangeli lengcebo kaKristu engaphenyekiyo

9 nokubakhanyisela ukuthi luyini uhlelo lwemfihlakalo ebifihliwe
kwaphakade kuNkulunkulu owadala izinto zonke,

10 ukuze imibuso nabanamandla emazulwini baziswe manje ngebandla
ukuhlakanipha okuninginingi kukaNkulunkulu,

11 ngokwecebo laphakade alenza ngoKristu Jesu iNkosi yethu;

12 okungaye sinesibindi ukungena ngokwethemba, ngokukholwa nguye.

13 Ngalokho ngiyacela ukuba ningadangali ngezinhlupheko zami ngenxa
yenu, okuludumo lwenu.

**UPawulu ukhulekela ibandla ukuba likhule ekwazini uthando lukaNkulunkulu**

14 Ngenxa yalokho ngiguqa ngamadolo ami kuYise,

15 eyethiwa ngaye imindeni yonke ezulwini nasemhlabeni,

16 ukuba ngokwengcebo yenkazimulo yakhe aninike ukuqiniseka emandleni
ngoMoya wakhe kumuntu ongaphakathi;

17 uKristu ahlale ezinhliziyweni zenu ngokukholwa, ukuze nigxile, nisekelwe
othandweni,

18 nibe namandla okuqonda kanye nabangcwele bonke okungububanzi,
nobude, nokuphakama, nokujula,

19 nokulwazi uthando lukaKristu oludlula ukwazi konke, ukuze nigcwaliswe
kube ngukugcwala konke kukaNkulunkulu.

20 Kepha yena onamandla okwenza okukhulu kakhulu kunakho konke
esikucelayo nesikuqondayo ngokwamandla asebenza kithi,

21 makube kuye udumo ebandleni nakuKristu Jesu ezizukulwaneni zonke
zaphakade naphakade. Amen.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

# Kwabase-Efesu 4

## Ukwahlukana kweziphiwo zikaMoya nobunye bokukholwa

1 Ngakho mina siboshwa eNkosini ngiyanincenga ukuba nihambe ngokufanele ukubizwa enabizwa ngakho,

2 ngokuthobeka konke nobumnene, ngokubheka kade nokubekezelelana ngothando,

3 nikhuthalele ukugcina ubunye bukaMoya ngesibopho sokuthula;

4 munye umzimba, munye uMoya, njengalokho nabizelwa ethembeni linye lokubizwa kwenu;

5 yinye iNkosi, yinye inkolo, munye umbhapathizo;

6 munye uNkulunkulu, uYise wabo bonke, ophezu kwabo bonke, okubo bonke, ophakathi kwabo bonke.

7 Kepha yilowo nalowo kithina uphiwe umusa ngokwesilinganiso sesipho sikaKristu.

8 Ngalokho uthi: Esenyukele phezulu wathumba abathunjiweyo, wapha abantu izipho.

9 Kepha lokhu ukuthi wenyuka, kuthini, uma kungesikho ukuthi wake wehlela ezindaweni zomhlaba eziphansi na?

10 Owehlayo nguyena owenyukela futhi ngaphezu kwamazulu onke, ukuze agcwalise konke.

11 Nguyena futhi owanika abanye ukuba babe ngabaphostoli, abanye abaprofethi, abanye abavangeli, abanye abelusi nabafundisi,

12 ukuze abangcwele bapheleliselwe umsebenzi wokukhonza, kwakhiwe umzimba kaKristu,

13 size sifinyelele sonke ebunyeni bokukholwa nasekwazini iNdodana kaNkulunkulu, ebudodeni obupheleleyo, esilinganisweni sobukhulu sokugcwala kukaKristu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14 ukuze singabe sisaba yizingane, sishukunyiswa okwamaza, sipheshulwa yimimoya yonke yezifundiso ngenkohliso yabantu, ngobuqili obunamacebo okudukisayo;

15 kodwa sithi sikhuluma iqiniso ngothando, sikhulele ngakho konke kuye oyinhloko, uKristu,

16 okungaye umzimba wonke uhlanganisiwe, ubambene ngokwelekelelana kwamalungu onke awo njengokusebenza okulinganiselwe yilelo nalelo lungu, kukhuliswe umzimba, ube yisakhiwo othandweni.

### Izono zabangakholwayo

17 Ngakho ngisho, ngifakaza eNkosini, ngithi ningabe nisahamba njengalokhu kuhamba abezizwe ebuzeni bengqondo yabo,

18 behlwelwe emqondweni, behlukanisiwe nokuphila kukaNkulunkulu ngokungazi okukubo ngenxa yobulukhuni benhliziyo yabo,

19 abathi bebuthuntu, bazinikela emanyaleni, ukuze basebenze ukungcola konke ngokuhuheka.

20 Kepha nina animfundanga uKristu kanjalo,

21 uma-ke nimzwile nafundiswa kuye, njengokuba iqiniso likuJesu,

22 ukuba nikhumule umuntu omdala ongowenkambo yokuqala, owonakala ngezinkanuko zenkohliso,

23 nenziwe basha emoyeni wengqondo yenu,

24 nembathe umuntu omusha owadalwa ngokukaNkulunkulu ekulungeni nasebungcweleni beqiniso.

25 Ngakho lahlani amanga, nikhulume iqiniso, yilowo nalowo nomakhelwane wakhe, lokhu singamalungu omunye komunye.

26 Thukuthelani ningoni; ilanga malingashoni nisathukuthele.

27 Ningamniki uSathane indawo.

28 Owebayo angabe eseba, kepha kunalokho akhuthale asebenze okuhle ngezandla zakhe, ukuze abe nokokwabela osweleyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

29 Makungaphumi emlonyeni wenu nalinye izwi elibolileyo, kodwa kube ngelilungele ukwakha njengokuswelekileyo, ukuze libavezele umusa abezwayo.

30 Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa.

31Konke okubabayo, nentukuthelo, nolaka, nomsindo, nokuhlambalaza makususwe kini kanye nakho konke okubi.

32 Maniphathane ngobumnene, nihawukelane, nithethelelane, njengalokho noNkulunkulu wanithethelela ngoKristu.

## Kwabase-Efesu 5

### UPawulu uxwayisa ngemisebenzi yobumnyama

1 Ngakho yibani ngabalingisa uNkulunkulu njengabantwana abathandekayo,

2 nihambe othandweni, njengalokho uKristu wanithanda, wazinikela ngenxa yethu, abe ngumnikelo nomhlatshelo, abe yiphunga elimnandi kuNkulunkulu.

3 Kepha ubufebe, nakho konke ukungcola, noma isangabe, makungaphathwa nangegama phakathi kwenu, njengokuba kufanele abangcwele,

4 nehlazo, nokubheda, nokulawula, okuyizinto ezingafanele, kepha kunalokho makube ngukubonga.

5 Ngokuba yazini lokhu, nikuqonde ukuthi akukho sifebe, noma ongcolileyo, noma onesangabe ongokhonza izithombe, onefa embusweni kaKristu noNkulunkulu.

### Ukuhamba ekukhanyeni

6 Masingakhohliswa muntu ngamazwi ayize, ngokuba ngenxa yalezo zinto ulaka lukaNkulunkulu lwehlela phezu kwabantwana bokungalaleli.

7Ngakho-ke ningabi ngabahlanganyela nabo.

8 Ngokuba kade naningubumnyama, kepha manje ningukukhanya eNkosini; hambani njengabantwana bokukhanya,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 ngokuba izithelo zokukhanya zisebuhleni bonke nasekulungeni naseqinisweni,

10 nihlole ukuthi kuyini okuthandeka eNkosini,

11 ningahlanganyeli imisebenzi yobumnyama engenazithelo, kepha kunalokho niyidalule;

12 ngokuba okwenziwa yibo ngasese kuyihlazo nokukhuluma ngakho.

13 Kepha konke okudalulwayo kubonakaliswa ngukukhanya, ngokuba konke okubonakaliswayo kungukukhanya.

14 Ngalokho uthi: Phaphama wena oleleyo, uvuke kwabafileyo, uKristu uzakukukhanyisa.

15 Ngakho-ke bhekisisani ukuthi nihamba kanjani, kungabi njengabangahlakaniphile kepha njengabahlakaniphileyo,

16 nithengisise isikhathi, ngokuba izinsuku zimbi.

17 Ngakho-ke ningabi yiziwula, kodwa qondani okuyintando yeNkosi.

18 Ningadakwa yiwayini, kuvela kulo umhumheko, kodwa nigcwaliswe ngoMoya,

19 niphendulane ngamahubo nangezihlabelelo nangamaculo okomoya, nihlabelele, nihubele iNkosi enhliziyweni yenu,

20 nimbonge njalo uNkulunkulu uYise ngakho konke egameni leNkosi yethu uJesu Kristu,

21 nithobelane ngokumesaba uKristu.

### Ukuphathana kwabaganeneyo

22 Abafazi mabathobele amadoda abo kungathi kukuyo iNkosi,

23 ngokuba indoda iyinhloko yomfazi, njengokuba noKristu uyinhloko yebandla, yena engumsindisi womzimba.

24 Kepha njengokuba ibandla lithobela uKristu, kanjalo nabafazi mabathobele amadoda ezintweni zonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

25 Madoda, thandani omkenu, njengalokho noKristu ulithandile ibandla, wazinikela ngenxa yalo

26 ukuba alingcwelise, alihlambulule ngesigezo samanzi ngezwi,

27 ukuze azimisele ibandla elinenkazimulo, lingenasisihla, nambimbi, nanto enjalo, kodwa libe ngcwele lingenacala.

28 Kanjalo amadoda afanele ukuthanda omkawo njengemizimba yawo. Othanda umkakhe uzithanda yena.

29 Ngokuba akakho owake wazonda eyakhe inyama, kepha uyayondla, ayiphathe kahle, njengalokhu noKristu enza kulo ibandla;

30 ngokuba singamalungu omzimba wakhe.

31 Ngenxa yalokho umuntu uyakushiya uyise nonina, anamathele kumkakhe; labo ababili bayakuba nyamanye.

32 Le mfihlakalo inkulu, kepha ngikhuluma ngoKristu nebandla.

33 Nani-ke, yilowo nalowo makathande umkakhe njengokuba ezithanda yena, kepha umfazi makahloniphe indoda yakhe.

## Kwabase-Efesu 6

### Iziluleko kubantwana nabazali

1 Bantwana, lalelani abazali benu eNkosini, ngokuba lokho kulungile.

2 Yazisa uyihlo nonyoko, okungumyalelo wokuqala onesithembiso:

3 ukuze kube kuhle kuwe, uhlale kade emhlabeni.

4 Nani boyise, ningabathukuthelisi abantwana benu, kodwa nibondle ngokuyala nangokuqondisa kweNkosi.

### Iziluleko kuzo izinceku namakhosi

5 Zinceku, abangamakhosi enu ngokwenyama, balaleleni ngokwesaba nokuthuthumela ngobuqotho benhliziyo yenu kungathi kukuKristu,

6 ningathengi amehlo njengabathokozisa abantu, kodwa njengezinceku zikaKristu nenze intando kaNkulunkulu ngenhliziyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 nikhonze ngothando kungathi kuseNkosini kungekubantu,

8 nazi ukuthi konke okuhle yilowo nalowo akwenzayo, uzakukwamukela okunjalo eNkosini, noma eyinceku noma engokhululekileyo.

9 Nani makhosi, yenzani okunjalo kuzo, niyeke ukusongela, nazi ukuthi neyazo neyenu iNkosi isezulwini nokuthi ukukhetha umuntu akukho kuye.

### Izikhali zamaKristu

10 Elokugcina, qinani eNkosini nasemandleni ayo amakhulu.

11 Hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuze nibe namandla okumelana namaqhinga kaSathane;

12 ngokuba asibambene negazi nenyama, kodwa sibambene nemibuso, namandla, nababusi bezwe balobu bumnyama, nabawomoya bobubi emkhathini.

13 Ngakho hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu ukuba nibe namandla okuzabalaza ngosuku olubi, nalapho senifeze konke, nime.

14 Ngakho yimani izinkalo zenu ziboshiwe ngeqiniso, nifakile isivikelo sesifuba sokulunga,

15 izinyawo zigqokisiwe ukulungela kukho ukushumayela ivangeli lokuthula;

16 kukho konke nithathe isihlangu sokukholwa eniyakuba namandla okucima ngaso yonke imicibisholo evuthayo yomubi,

17 namukele futhi isigqoko sensindiso, nenkemba kaMoya eyizwi likaNkulunkulu,

18 ngokukhuleka konke nokunxusa, nikhuleka ngezikhathi zonke ngoMoya; kulokho nilinde ngesineke sonke nangokunxusela abangcwele bonke,

19 ninginxusele nami ukuba ngiphiwe izwi, nxa ngivula umlomo wami, ngize ngiyishumayele ngesibindi imfihlakalo yevangeli;

20 engiyisithunywa ngalo esiboshiwe ngamaketanga, ukuze ngikhulume ngesibindi ngalo, njengokuba kufanele ukuba ngikhulume.

### Isigcino

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Kepha ukuba nani nazi okuqondene nami nalokhu engikwenzayo,
uyakunazisa konke uThikhiku, umzalwane othandekayo nesikhonzi
esikholekileyo eNkosini,

22 engamthumela kini ngakho lokho ukuba nazi izindaba zethu, nokuba
aduduze izinhliziyo zenu.

23 Ukuthula makube kubazalwane, nothando kanye nokukholwa okuvela
kuNkulunkulu uYise naseNkosini uJesu Kristu.

24 Umusa mawube nabo bonke abathanda iNkosi yethu uJesu Kristu
ngokunganqamukiyo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# KwabaseFilipi

## KwabaseFilipi 1

### Isibingelelo

1 OPawulu noThimothewu, izinceku zikaKristu Jesu, kubo bonke abangcwele kuKristu Jesu abaseFilipi, kanye nababonisi namadiyakoni:

2 Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu naseNkosini uJesu Kristu.

### UPawulu ubonga uNkulunkulu ngabo, abakhulekele

3 Ngiyambonga uNkulunkulu wami ekunikhumbuleni kwami konke

4 ngezikhathi zonke ekunxuseni kwami konke ngani nonke, nginxusa ngokuthokoza,

5 ngenxa yokuhlanganyela kwenu evangelini, kusukela osukwini lokuqala kuze kube manje;

6 ngethembile ngempela yona le nto ukuthi owaqala umsebenzi omuhle kinina uyakuwufeza kuze kube lusuku lukaKristu Jesu,

7 njengalokhu kufanele ukuba ngibe nomqondo onjalo ngani nonke, njengokuba nginithwele enhliziyweni yami, lokhu ekuboshweni kwami nasekulivikeleni nasekuliqiniseni ivangeli nina nonke nihlanganyele nami emseni.

8 Ngokuba uNkulunkulu ungufakazi wami wokuthi nginilangazelela kangakanani nonke ngesihe sikaJesu Kristu.

9 Ngikhulekela lokhu ukuba uthando lwenu luvame kakhulu njalo ekwazini nasekuqondeni konke,

10 ukuze nikwazi ukwahlukanisa, nize nibe mhlophe nabangakhubekisiyo kuze kube lusuku lukaKristu,

11 nigcwaliswe ngezithelo zokulunga ezingaye uJesu Kristu, kube yinkazimulo nodumo kuNkulunkulu.

### UPawulu ulanda ngokuhlala kwakhe eboshiwe eRoma

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Kepha ngithanda ukuba nazi, bazalwane, ukuthi lokho okwangehlelayo kugcine kwaveza ukuqhubeka kwevangeli,

13 kwaze kwathi izibopho zami zabonakala enqabeni yonke nakubo bonke abanye ukuthi zingenxa kaKristu

14 nokuthi iningi labazalwane eNkosini betholile ithemba ngezibopho zami bazuzile kakhulu isibindi sokukhuluma izwi likaNkulunkulu ngokungesabi.

15 Abanye kambe bashumayela uKristu ngomhawu nangombango kepha abanye ngenhliziyo enhle;

16 laba bashumayela ngothando, bazi ukuthi ngimiselwe ukuvikela ivangeli,

17 kepha labo bamemezela uKristu ngombango kungenganhliziyo emhlophe, bethi bazakungivusela ukukhathazeka ekuboshweni kwami.

18 Kunani pho? Nokho uKristu uyamenyezelwa ngezindlela zonke, noma ngokuzenzisa noma ngesiminya; kulokho-ke ngiyathokoza, yebo, ngiyakuthokoza,

19 ngokuba ngiyazi ukuthi lokhu kuyakungenzela ukusindiswa ngokunxusa kwenu nangokusiza kukaMoya kaJesu Kristu,

20 njengokulangazela nokwethemba kwami ukuthi ayikho into engizakujabhiswa kuyo, kepha ngesibindi sonke, njengasezikhathini zonke namanje, uKristu uyakwenziwa mkhulu emzimbeni wami, nokuba kungokuphila nokuba kungokufa.

21 Ngokuba kimina ukuphila kunguKristu, ukufa kuyinzuzo.

22 Kepha uma ukuphila enyameni kuyisithelo somsebenzi kimi, angisakwazi engizakukukhetha.

23 Kepha ngiphakathi kokubili; nginesifiso sokumuka ngibe noKristu, ngokuba yikhona okuhle kakhulu;

24 kanti-ke ukuhlala enyameni kuswelekile kakhulu ngenxa yenu.

25 Lokhu nginalo leli themba, ngiyazi ukuthi ngiyakuhlala, yebo, ngihlale nani nonke, kube ngukuqhubeka nokuthokoza kwenu ekukholweni,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

26 ukuze ukuzibonga kwenu ngami kuvame kuKristu Jesu ngokufika kwami futhi kini.

### UPawulu uyabayala ukuba bahambe ngokwevangeli

27 Kuphela hambani ngokufanele ivangeli likaKristu, kuze kuthi, noma ngiza nginibona noma ngingekho, ngizwe izindaba zenu zokuthi nimi niqinile emoyeni munye, nangomphefumulo munye nilwela inkolo yevangeli,

28 ningethuswa ngalutho ngabamelene nani, okuyisiboniso sokubhubha kubona kepha ngesokusindiswa kwenu; lokhu-ke kuvela kuNkulunkulu.

29 Ngokuba ngenxa kaKristu nina nabelwa ngomusa, angisho ukukholwa kuye kuphela kepha nokuhlupheka ngenxa yakhe,

30 nikukho khona lokho kulwa enakubona kimina, nakalokhu nizwa ukuthi kukimina.

## KwabaseFilipi 2

### Ukulandela uKristu ekuthotshisweni kwakhe nasekuphakanyisweni kwakhe

1 Ngakho-ke uma kukhona induduzo kuKristu, uma kukhona ukududuzeka kothando, uma kukhona inhlangano kaMoya, uma kukhona isisa nesihawu,

2 gcwalisani ukuthokoza kwami ukuba nibe nomqondo munye, ninothando lunye, nibe nhliziyonye, niqonde into inye;

3 ningenzi lutho ngombango nangodumo lwezwe; kepha ngokuthobeka nishaye sengathi abanye bakhulu kunani,

4 yilowo nalowo angabheki okwakhe, kepha yilowo abheke nokwabanye.

5 Mawube kini lowo mqondo owawukhona nakuKristu Jesu

6 owathi enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu,

7 kepha wazidela ethabatha isimo senceku, enziwe ngomfanekiso wabantu;

8 wathi efunyenwe enjengomuntu ngesimilo, wazithobisa, elalela kwaze kwaba sekufeni, yebo, ekufeni kwesiphambano.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Ngalokho-ke uNkulunkulu wamphakamisa kakhulu, wamnika igama
eliphezu kwamagama onke,

10 ukuze kuthi ngegama likaJesu amadolo onke aguqe, awabasezulwini,
nawabasemhlabeni, nawabangaphansi komhlaba,

11 nezilimi zonke zivume ngokuthi UJESU KRISTU UYINKOSI, kube
yinkazimulo kuNkulunkulu uYise.

### Isiluleko sokuqaphelisisa ukusindiswa

12 Ngakho-ke, bathandiweyo bami, njengalokho nilalele ngezikhathi zonke,
kungesikho nxa ngikhona kuphela, kodwa ikakhulu manje nxa ngingekho,
fezani ukusindiswa kwenu ngokwesaba nangokuthuthumela,

13 ngokuba nguNkulunkulu osebenza kini nokuthanda nokwenza
njengentando yakhe.

14 Yenzani konke ngokungakhononi nokungangabazi,

15 ukuze nibe ngabangasolekiyo nabangenacala, abantwana bakaNkulunkulu
abangenasici phakathi kwesizukulwane esiyisigwegwe nesiphambeneyo,
enikhanya phakathi kwaso njengezinkanyiso ezweni,

16 nibambelele ezwini lokuphila, ngize ngibe nokuzibonga ngosuku lukaKristu
ngokuthi angigijimelanga ize, angisebenzelanga ize.

17 Yebo, nokuba nginikelwa emhlatshelweni nasenkonzweni yokukholwa
kwenu, ngiyathokoza, ngithokoza kanye nani nonke;

18 ngokunjalo-ke thokozani nani, nithokoze kanye nami.

### UPawulu uyakubathumela oThimothewu no-Ephafrodithu

19Kepha ngiyethemba eNkosini uJesu ukuthuma uThimothewu kini
masinyane, ukuze nami ngename nxa sengazi izindaba zenu.

20Ngokuba anginamuntu onenhliziyo enjengeyakhe, onganakekela izindaba
zenu ngobuqotho;

21 ngokuba bonke bafuna okwabo, abafuni okukaJesu Kristu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[22]Kepha niyakwazi ukuthembeka kwakhe ukuthi ukhonzile kanye nami ngenxa yevangeli njengomntwana kuyise.

[23]Yena-ke ngiyethemba ukumthuma masinyane, uma sengibonile ukuthi okuqondene nami kophelelaphi;

[24] kepha ngiyethemba eNkosini ukuthi nami ngizakuza eduzane.

[25] Kodwa ngibone ukuthi kudingekile ukuba ngithume kinina u-Ephafrodithu, umzalwane nesisebenzi nebutho kanye nami, nesithunywa senu, isikhonzi ekusweleni kwami,

[26]lokhu wayenilangazelela nonke, eyaluza ngokuba nizwile ukuthi wayegula.

[27]Ngokuba nempela wayegula ephansi kokufa; kepha uNkulunkulu wamhawukela, kungeyena yedwa, wangihawukela nami, ukuze ngingabi nalusizi phezu kosizi.

[28]Ngalokho ngakhuthalela kakhulu ukumthuma, ukuze kuthi nxa senimbona futhi nithokoze, kimi kunciphe usizi.

[29] Ngakho-ke mamukeleni eNkosini ngokuthokoza konke, abanjalo-ke nibaphathe ngokubatusa,

[30]ngokuba ngenxa yomsebenzi kaKristu wacishe wafa ezidela amathambo, ukuze agcwalise okusileleyo ekungikhonzeni kwenu.

## KwabaseFilipi 3

### UPawulu ubaxwayisa ngokulunga okungokomuntu

[1] Elokugcina, bazalwane bami, thokozani eNkosini. Ukunilobela khona lokho angikwenqeni, kepha nina kuyanigcina.

[2] Xwayani izinja, nixwaye izisebenzi ezimbi, nixwaye abokusika.

[3]Ngokuba singukusoka thina esikhonza ngoMoya kaNkulunkulu, sizibonga kuKristu Jesu, singethembi enyameni,

[4] nakuba nami bengingaba nokwethemba enyameni. Uma omunye umuntu ecabanga ukuthi unokwethemba enyameni, mina kakhulu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

5 ngasokwa ngosuku lwesishiyagalombili ngingowohlanga luka-Israyeli,
owesizwe sakwaBenjamini, umHeberu wamaHeberu, ngokomthetho umFarisi;

6 ngokokushisekela ngingowazingela ibandla, ngokokulunga okusemthethweni
ngingongasolekiyo.

### Ukulunga okukuKristu kuyinzuzo

7 Kanti-ke lokho okwakuyinzuzo kimi ngakushaya indiva ngenxa kaKristu.

8 Yebo impela, konke ngikushaya indiva ngobukhulu bokumazi uKristu Jesu
iNkosi yami, engilahlekelwe yikho konke ngenxa yakhe, ngikushaya izibi,
ukuze ngizuze uKristu,

9 ngifunyanwe kuyena, ngingenakho ukulunga okungokwami okuya
ngomthetho kodwa lokho okuya ngokukholwa nguKristu, ngisho ukulunga
okuvela kuNkulunkulu ngokukholwa,

10 ukuze ngimazi yena, namandla okuvuka kwakhe, nokuhlanganyela
ezinhluphekweni zakhe, ngimfuze ngokufa kwakhe,

11 uma mhlawumbe ngingaze ngifinyelele ekuvukeni kwabafileyo,

12 kungesikho ukuthi sengibambile nokuthi sengiphelelisiwe, kepha ngijonga
ukuba kumbe ngingakubamba yini lokho nami engabanjelwa khona
nguKristu Jesu.

13 Bazalwane, angisho ukuthi mina uqobo sengikubambile; kepha kunye
engikwenzayo: ngikhohlwa okungasemuva, ngizelulela kokungaphambili,

14 ngijonge emgomeni, emklomelweni wokubizwa okukhulu kwaphezulu
nguNkulunkulu kuJesu Kristu.

### UPawulu ubaluleka ngokumlandela yena

15 Ngakho-ke thina sonke esiphelele masibe nokuqonda okunjalo; kepha uma
kokuthile niqonda ngokunye, nalokho uNkulunkulu uyakunambulela khona,

16 kuphela ukuthi kwesesifinyelele kukho, sihambe ngawo lowo mkhondo.

17 Ngilingiseni, bazalwane, nibabhekisise abahamba njengathi esiyisibonelo
kini.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 Ngokuba abaningi, enganitshela kaningi ngabo namanje nginitshela nangezinyembezi, bahamba beyizitha zesiphambano sikaKristu,

19 abakuphela kwabo ngukubhujiswa, abankulunkulu wabo yisisu, nodumo lwabo lusehlazweni labo, abangabanaka okomhlaba.

20 Kepha thina singabombuso wasezulwini, lapho futhi silindela khona ukuba kuvele uMsindisi, iNkosi uJesu Kristu,

21 oyakuguqula isimo somzimba wethu wokuthotshiswa, ufane nomzimba wakhe wenkazimulo, ngamandla angazihlelela ngawo konke phansi kwakhe.

## KwabaseFilipi 4

### Iziluleko zokuqina nokuzwana ekukholweni, nokuthokoza eNkosini

1 Ngalokho, bazalwane bami abathandekayo nabalangazelelwayo, ntokozo yami nomqhele wami, yimani niqinile kanjalo eNkosini, bathandwa.

2 Ngiyamyala u-Evodiya, ngiyamyala noSintike ukuba babe nokuqonda kunye eNkosini.

3 Yebo, ngiyakunxusa nawe mana wami oqotho, yelekelela labo besifazane, lokhu babambisana nami evangelini, kanye noKlemente nezinye izisebenzi zami abamagama abo asencwadini yokuphila.

4 Thokozani eNkosini njalonjalo; ngiyaphinda ngithi: Thokozani!

5 Ukubekezela kwenu akwaziwe ngabantu bonke; iNkosi iseduze.

6 Ningakhathazeki ngalutho, kepha kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngokukhuleka nokunxusa kanye nokubonga.

7 Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakulondoloza izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu.

8 Elokugcina, bazalwane, konke okuyiqiniso, konke okuhloniphekayo, konke okulungileyo, konke okumhlophe, konke okuthandekayo, konke okutusekayo, noma kukhona okuhle, noma kukhona okubongekayo, zindlani ngalokho;

9 enakufunda, nakwamukela, nakuzwa, nakubona kimi, kwenzeni lokho; khona uNkulunkulu wokuthula uyakuba nani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

### UPawulu ubonga isipho abasithumele kuye eRoma

10Kepha-ke ngathokoza kakhulu eNkosini, ngokuba manje senize navuselela ukunginakekela kwenu; beninginakekela kambe, kepha anibanga nathuba.

11 Akusikho ukuthi ngisho maqondana nokuswela, ngokuba mina ngifundile ukuba nganeliswe noma ngihlezi kanjani.

12Ngiyakwazi ukuba phansi, ngiyakwazi nokubusa; kukho konke nasezintweni zonke ngifundisiwe: ukusutha, nokulamba, nokubusa, nokuswela.

13 Nginamandla ukwenza konke ngaye ongiqinisayo.

14 Nokho nenze kahle ngokuhlanganyela nami ekuhluphekeni kwami.

15Niyazi nani nina baseFilipi ukuthi ekuqaleni kwevangeli ekuphumeni kwami eMakedoniya kwakungekho bandla nelilodwa elahlanganyela nami endabeni yokupha nokwamukela, kuphela nina nodwa,

16ngokuba naseThesalonika nathumela kanye nakabili ngokuswela kwami.

17Akusikho ukuthi ngifuna isipho, kodwa ngifuna isithelo esiyakwandisa okubalelwa nina.

18 Kepha nginakho konke ngokweqileyo; nganelisiwe sengamukelisiwe ngu-Ephafrodithu okuvela kinina, iphunga elimnandi, umhlatshelo omuhle nothokozisayo kuNkulunkulu.

19 UNkulunkulu wami uzakugcwalisa ukuswela konke kwenu njengokwengcebo yakhe ekukhazimuleni kuKristu Jesu.

20 KuNkulunkulu noBaba wethu makube ludumo kuze kube phakade naphakade. Amen.

### Isigcino

21Ngikhonzeleni kwabangcwele bonke abakuKristu Jesu. Abazalwane abanami bakhonza kinina.

22 Abangcwele bonke bayakhonza kini, ikakhulu abendlu kaKesari.

23Umusa weNkosi uJesu Kristu mawube nomoya wenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# KwabaseKolose

## KwabaseKolose 1

### Isibingelelo

1 UPawulu, umphostoli kaKristu Jesu ngentando kaNkulunkulu,
noThimothewu umzalwane

2 kubo abaseKolose, abangcwele nabazalwane abakholwayo kuKristu;
makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu.

### UPawulu ubonga ukukholwa nothando lwabaseKolose

3 Simbonga njalonjalo uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, nxa
sinikhulekela,

4 lokhu sizwile ngokukholwa kwenu kuKristu Jesu nangothando eninalo kubo
bonke abangcwele,

5 ngenxa yethemba enibekelwe lona ezulwini, enezwa ngalo ngaphambili
ngezwi leqiniso levangeli

6 elifikile kini, njengalokhu likhona ezweni lonke lithela izithelo, landa,
njengokuba kunjalo naphakathi kwenu, kusukela osukwini enezwa ngalo,
nazi umusa kaNkulunkulu ngeqiniso,

7 njengalokho nafunda ku-Ephafra othandekayo oyinceku kanye nathi,
oyisikhonzi esithembekayo sikaKristu ngenxa yenu;

8 okunguyena futhi wasitshela ngothando lwenu ngoMoya.

### UPawulu ubakhulekela kuJesu

9 Ngalokho nathi, kusukela osukwini esezwa ngalo, asiyeki ukunikhulekela
nokuninxusela ukuba nigcwaliswe ngokwazi intando yakhe ngokuhlakanipha
konke nokuqonda okungomoya,

10 nihambe ngokufanele iNkosi, niyithokozise ngakho konke, nithela izithelo
emisebenzini yonke elungileyo, nikhula ekumazini uNkulunkulu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11niqiniswe nokuqiniswa konke ngokwamandla enkazimulo yakhe, kuze kube ngukubekezela konke nokubheka kade ngokujabula;

12 nibonga uYise owanenza nifanele isabelo sefa labangcwele ekukhanyeni,

13owasikhulula emandleni obumnyama nowasibeka embusweni weNdodana yothando lwakhe;

14 okukuyo sinokuhlengwa, ukuthethelelwa kwezono,

15 yona ingumfanekiso kaNkulunkulu ongenakubonwa, izibulo lezidalwa zonke,

16 ngokuba kwadalelwa kuyo konke okusezulwini nasemhlabeni, okubonwayo nokungenakubonwa, nokuba kuyizihlalo zobukhosi, nokuba kuyimibuso, nokuba kuyizikhulu, nokuba kuyiziphathimandla; konke kwadalwa ngayo, kwadalelwa yona;

17yona ingaphambi kwakho konke, nezinto zonke zimi ngayo;

18 yona iyinhloko yomzimba, ngisho ibandla, engukuqala, izibulo kwabafileyo, ukuze yona ibe ngowokuqala ezintweni zonke,

19 ngokuba kwaba kuhle kuye ukuba ukugcwala konke kuhlale kuyo

20 nokuba ngayo abuyisane nakho konke esenzile ukuthula ngegazi lesiphambano sayo, yebo ngayo, nokuba kuyizinto ezisemhlabeni nokuba ngezisezulwini.

21 Nani ekade ningabafokazi nezitha engqondweni ngemisebenzi emibi,

22 nokho manje usebuyisene nani emzimbeni wenyama yayo ngokufa ukuba animise ningcwele, ningenasisihla nacala phambi kwakhe,

23 uma kambe nihlala ekukholweni, nisekeliwe nigxilile, ningagudluzwa ethembeni levangeli enalizwayo, elashunyayelwa kukho konke okudaliweyo okuphansi kwezulu, engenziwa isikhonzi salo mina Pawulu.

### UPawulu uthokozela ukubasebenzela nokubalwela

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

24 Kalokhu ngiyathokoza ezinhluphekweni zami ngenxa yenu ngokugcwalisa
okusileleyo osizini lukaKristu enyameni yami ngenxa yomzimba wakhe,
oyibandla;

25 engenziwa isikhonzi salo ngokwesimiso sikaNkulunkulu enganikwa sona
maqondana nani ukuba ligcwaliswe izwi likaNkulunkulu,

26 ngisho imfihlakalo ebifihlakele selokhu kwaqala izikhathi nezizukulwane,
kepha kalokhu yambuliwe kwabangcwele bakhe;

27 okubona uNkulunkulu athanda ukubazisa ukuthi iyini ingcebo
yenkazimulo yaleyo mfihlakalo phakathi kwabezizwe, enguKristu phakathi
kwenu, ithemba lenkazimulo;

28 okunguye esimshumayelayo, siluleka wonke umuntu, sifundisa wonke
umuntu ngokuhlakanipha konke, ukuze simise wonke umuntu ephelele
kuKristu,

29 engikusebenzelayo futhi, ngilwa ngokusebenza kwakhe okusebenza kimi
ngamandla.

## KwabaseKolose 2

### Isiluleko sokubambelela kuKristu

1 Ngokuba ngiyathanda ukuba nazi ukuthi kukhulu kangakanani ukulwa
enginakho ngenxa yenu nabaseLawodikeya nabo bonke abangabonanga
ubuso bami ngamehlo,

2 ukuze izinhliziyo zabo ziduduzwe, behlanganisiwe othandweni babe
nengcebo yonke yokwazi okuphelele, bazisise imfihlakalo kaNkulunkulu
enguKristu,

3 okufihlwe kuye amagugu onke okuhlakanipha nowokwazi.

4 Ngikusho lokhu, ukuze kungabikho muntu onikhohlisa ngamazwi okuyenga.

5 Ngokuba noma ngingekho ngomzimba, nokho ngikhona kini ngomoya
ngithokoza, ngibona inhlelo yenu nokuqina kokukholwa kwenu kuKristu.

6 Ngakho-ke njengalokho nimamukele uKristu Jesu iNkosi, hambani nikuye,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

7 nigxilile, nakhiwe kuye, niqinisiwe ekukholweni, njengalokho nifundisiwe, nivame ukubonga.

8 Xwayani funa kube khona onithumbayo ngokuhlakanipha nangenkohliso eyize njengokwemvelo yabantu, njengezifundiso zokucathula kwezwe, kungenjengokukaKristu.

### KuKristu kukhona konke ukuphelela kukaNkulunkulu

9 Ngokuba kuhlala kuye ngokomzimba ukugcwala konke kobuNkulunkulu;

10 nigcwalisiwe kuye, yena oyinhloko yemibuso yonke namandla,

11 enasokela kuye futhi ngokusoka okungenziwanga ngezandla ngokukhumula umzimba wenyama, ngokusoka kukaKristu;

12nimbelwe kanye naye ngombhapathizo, okungawo futhi navuswa kanye naye ngokukholwa ngamandla kaNkulunkulu owamvusa kwabafileyo.

13 Nani-ke ebenifile ngeziphambeko nangokungasoki kwenyama yenu wanenza nibe ngabaphilayo kanye naye esithethelela zonke izono zethu;

14 esehlangule incwadi yecala lethu, emelana nathi ngemiyalo yayo, wayeyisusa ngokuyibethela esiphambanweni;

15 ebaphucile ababusi nabanamandla izikhali wabathela ngehlazo obala, ebanqoba ngaso.

### Ukuxwayisa ngezifundiso zamanga

16 Ngakho makungabikho muntu onilahla ngokudla nesiphuzo, noma ngemikhosi, noma ukwethwasa kwenyanga, noma amasabatha,

17okuyisithunzi nje salokhu obekuzakuza; kepha umzimba ngokaKristu.

18Makungabikho muntu onamuka umvuzo wenu, othanda ukuzenza othobile ekhonza izingelosi, ephike ngemibono yakhe, ezikhukhumeza ngeze ngengqondo yakhe yenyama,

19 engabambeleli kuye oyinhloko, okungaye umzimba wonke usizwa, uhlanganiswa ngamalungu nemisipha, ukhula ngokukhula kukaNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 Uma nifile kanye noKristu nakhululwa ezifundisweni zokucathula kwezwe, yini ukuba okungathi nisaphila ngokwezwe nithobele izifundiso zokuthi:

21 Ungaphathi, ungezwa ngolimi, ungathinti,

22okuphela konke ngokudliwa ngokweziyalezo nezifundiso zabantu

23ezinegama lokuhlakanipha kambe ngokuzikhethela inkonzo, nangokuzithoba, nangokuhlupha umzimba; akusizi lutho maqondana nokuzithiba kwenyama.

## KwabaseKolose 3

### Ukunaka okwaphezulu

1 Ngakho uma navuswa kanye noKristu, funani okwaphezulu, lapho ekhona uKristu, ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu;

2 nakani okwaphezulu, ninganaki okusemhlabeni.

3 Ngokuba nafa, ukuphila kwenu kufihliwe noKristu kuNkulunkulu;

4 nxa ebonakaliswa uKristu ongukuphila kwethu, khona-ke nani niyakubonakaliswa kanye naye ekukhazimuleni.

5 Ngakho-ke bulalani amalungu enu asemhlabeni, ubufebe, nokungcola, nokuhuheka, nokukhanuka, nesangabe, okungukukhonza izithombe,

6okuza ngakho ulaka lukaNkulunkulu,

7 ekade nihamba kukho nani, lapho nisahlezi kukho;

8 kepha kalokhu nani manilahle konke lokho, ulaka, nokuthukuthela, nobubi, nokuhlambalaza, nokukhuluma amahlazo aphuma emlonyeni wenu;

9 ningaqambelani amanga, lokhu nikhumule umuntu omdala kanye nezenzo zakhe,

10nembethe omusha, owenziwa musha abe nokwazi ngokomfanekiso walowo owamdalayo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 lapho kungekho mGreki namJuda, ukusoka nokungasoki, owezizwe noma umSkithe, isigqila noma okhululekileyo, kepha uKristu uyikho konke, ukubo bonke.

12 Ngakho-ke njengabakhethiweyo bakaNkulunkulu, abangcwele nabathandekayo, yembathani ububele benhliziyo, nesisa, nokuzithoba, nobumnene, nokubheka kade,

13 nibekezelelane, nithethelelane, uma umuntu enensolo komunye; njengokuba neNkosi yanithethelela, yenzani njalo nani.

14 Kepha phezu kwakho konke lokho yembathani uthando oluyisibopho sokuphelela.

15 Ukuthula kukaKristu makubuse ezinhliziyweni zenu, enabizelwa futhi kukho emzimbeni munye; futhi yibani ngababongayo.

16 Izwi likaKristu alihlale phakathi kwenu, livame, nifundisane ngokuhlakanipha konke, niyalane ngamahubo, nangezihlabelelo, nangamaculo okomoya, nimhubele uNkulunkulu ezinhliziyweni zenu ngokubonga.

17 Konke enikwenzayo, noma kungezwi noma kungomsebenzi, kwenzeni konke egameni leNkosi uJesu, nimbonge uNkulunkulu uYise ngaye.

### Ukuphathana kwabomuzi

18 Bafazi, thobelani amadoda enu njengokufanele eNkosini.

19 Madoda, thandani omkenu, ningabacasukeli.

20 Bantwana, lalelani abazali benu ezintweni zonke, ngokuba lokho kuyathandeka eNkosini.

21 Boyise, ningabathukuthelisi abantwana benu ukuba bangadangali.

22 Zinceku, lalelani ezintweni zonke labo abangamakhosi enu ngokwenyama, kungengokuthenga amehlo njengabathokozisa abantu kodwa ngobuqotho benhliziyo, niyesabe iNkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23Konke enikwenzayo kwenzeni ngenhliziyo, kungathi kwenzelwa iNkosi, qha abantu,

24nazi ukuthi niyakwamukela umvuzo wefa eNkosini. Khonzani iNkosi uKristu.

25 Ngokuba lowo owenza ukungalungi uyakwamukeliswa ukungalungi akwenzileyo; akukho ukukhetha umuntu.

## KwabaseKolose 4

### Ukuqinisela ekukhulekeni

1 Makhosi, zenzeleni izinceku zenu okulungileyo nokufaneleyo; nazi ukuthi nani nineNkosi ezulwini.

2 Qiniselani ekukhulekeni, nilinde kukho ninokubonga.

3 Nathi nisikhulekele, ukuze uNkulunkulu asivulele umnyango wezwi ukuba sikhulume imfihlakalo kaKristu engiboshwe ngenxa yayo,

4ukuze ngiyibonakalise njengalokhu ngifanele ukukhuluma.

5 Hambani ngokuhlakanipha kubo abangaphandle, nithengisise isikhathi.

6Ukukhuluma kwenu makube nomusa njalo, kuyolisiwe ngosawoti, ukuze nazi enifanele ukubaphendula ngakho bonke abantu.

### OThikhiku no-Onesimu

7 Konke okuqondene nami uyakunazisa khona uThikhiku, umzalwane othandekayo nesikhonzi esikholekileyo oyinceku kanye nami eNkosini,

8engimthumile kini ngakho lokhu ukuba nazi ukuthi sihlezi kanjani, aduduze izinhliziyo zenu,

9 kanye no-Onesimu, umzalwane okholekileyo nothandekayo, ongomunye wakini; bazakunazisa konke okwalapha.

### Isigcino

10 Uyakhonza kini u-Aristarku oyisiboshwa kanye nami, noMarku umzala kaBarnaba, enayalezwa ngaye -- uma efika kini mamukeleni –

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11noJesu othiwa uJustu; yibo bodwa abangabokusoka abasebenzela umbuso kaNkulunkulu kanye nami, abakade beyinduduzo kimi.

12Uyakhonza kini u-Ephafra ongomunye wakini, inceku kaKristu Jesu, enilwela njalo emikhulekweni, ukuze nime niphelele niqinisekile entandweni yonke kaNkulunkulu.

13Ngokuba ngingufakazi wakhe wokuthi uyanisebenzela kakhulu nina, nabaseLawodikeya, nabaseHiyerapholi.

14Uyakhonza kini uLuka inyanga ethandekayo, noDema.

15Khonzani kubazalwane abaseLawodikeya, nakuNimfa, nasebandleni lakwakhe.

16 Nxa le ncwadi isifundiwe kini, bhekani ukuba ifundwe nasebandleni labaseLawodikeya; nani niyifunde leyo evela eLawodikeya.

17 Nimtshele u-Arkiphu, nithi: Qaphela inkonzo oyitholile eNkosini, ukuze uyifeze.

18 Yilokhu ukukhonza kwami ngesandla sami, mina Pawulu. Khumbulani izibopho zami. Umusa mawube nani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# 1 kwabaseThesalonika

## 1 kwabaseThesalonika 1

### Isibingelelo

1 OPawulu, noSilvanu, noThimothewu kulo ibandla labaseTheselonika elikuNkulunkulu uBaba, naseNkosini uJesu Kristu: Makube kini umusa nokuthula.

### UPawulu ubonga ukuqala kwabo okuhle ekukholweni; wethemba ukukhethwa kwabo ngevangeli eliqinisileyo abalamukele

2 Sibonga uNkulunkulu njalo ngani nonke, siniphatha emikhulekweni yethu,

3 sikhumbula ngokungayeki isenzo senu sokukholwa, nomsebenzi wothando, nokukhuthazela kwethemba lenu eliseNkosini yethu uJesu Kristu phambi kukaNkulunkulu noBaba wethu,

4 sikwazi, bazalwane abathandiwe nguNkulunkulu, ukukhethwa kwenu

5 ukuthi ivangeli lethu alizanga kini ngezwi kuphela kodwa nangamandla, nangoMoya oNgcwele, nangokwethemba okukhulu, njengokuba nazi ukuthi saba ngabantu abanjani phakathi kwenu ngenxa yenu.

6 Nani naba ngabalingisi bethu, nabeNkosi senilamukele izwi ekukhathazekeni okukhulu ngokuthokoza kukaMoya oNgcwele,

7 naze naba yisibonelo kubo bonke abakholwayo eMakedoniya nase-Akhaya.

8 Ngokuba udumo lwezwi leNkosi lwaphuma kinina, lwafika, angisho eMakedoniya nase-Akhaya kuphela, kepha ezindaweni zonke lapho ukukholwa kwenu nguNkulunkulu kuphumele khona; ngakho asisadingi ukukhuluma lutho.

9 Ngokuba bona uqobo balanda ngathi ukuthi kwaba njani ukungena kwethu kinina nokuthi naphendukela kanjani kuNkulunkulu, nishiya izithombe, ukuba nikhonze uNkulunkulu ophilayo oweqiniso,

10 nilindele iNdodana yakhe ivela ezulwini, ayivusa kwabafileyo, uJesu osihlangulisa olakeni oluzayo.

## 1 kwabaseThesalonika 2

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### UPawulu ubakhumbuza ngokuhamba kwakhe okuhle phakathi kwabo

1 Ngokuba niyazi nina bazalwane ukuthi ukungena kwethu kinina akubanga yize.

2 Kepha noma sasihlushiwe kuqala saphathwa kabi eFilipi, njengokuba nazi, saba nesibindi kuNkulunkulu wethu sokunishumayeza ivangeli likaNkulunkulu ngokulwa okukhulu.

3Ngokuba ukuyala kwethu akusikho okokuduka nokokungcola nangenkohliso,

4 kepha njengokuba sivunyiwe nguNkulunkulu ukuba siphathiswe ivangeli, siyakhuluma ngokunjalo, singenzeli ukuthokozisa abantu kepha uNkulunkulu ovivinya izinhliziyo zethu.

5 Ngokuba asizange sibe namazwi okuthopha, njengokuba nazi; asizange futhi sibe nobuqili bokufisa, uNkulunkulu ungufakazi,

6 singafunanga nokutuswa ngabantu, nakinina nakwabanye,

7 ingani sasingaba namandla okunisinda njengabaphostoli bakaKristu, nokho saba mnene phakathi kwenu njengokuba umdlezane ondla abantwana bakhe.

8 Ngokunjalo lokhu besinilangazelele, sasifuna ukuninika kungesilo ivangeli likaNkulunkulu kuphela, kepha nokuphila kwethu uqobo, ngokuba nase ningabathandekayo kithina.

9 Ngokuba niyakhumbula, bazalwane, ukukhandleka nokushikashikeka kwethu; sisebenza ubusuku nemini, ukuze singasindi noyedwa kinina, sanishumayeza ivangeli likaNkulunkulu.

10Nina ningofakazi, naye uNkulunkulu, bokuthi sahlala kanjani phakathi kwenu nina enikholwayo ngobungcwele, nangokulunga, nangokungasoleki,

11 njengokuba nazi ukuthi saniphatha abanye ngabanye njengoyise ephatha abantwana bakhe,

12 siniyala, sinimisa isibindi, sifakazela ukuba nihambe ngokufaneleyo phambi kukaNkulunkulu onibizela embusweni nasebukhosini bakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

### UPawulu ulanda ngezinhlupheko zabo zokuzingelwa ngenxa yokukholwa

13 Ngalokho nathi sibonga uNkulunkulu singaphezi, ngokuba, kuthe lapho namukela izwi likaNkulunkulu enalizwa ngathi, anilamukelanga njengezwi labantu kepha njengezwi likaNkulunkulu, njengokuba liyilo isibili, elona lisebenza futhi phakathi kwenu nina enikholwayo.

14 Ngokuba nina bazalwane naba ngabalingisi bamabandla kaNkulunkulu aseJudiya akuKristu Jesu, ngokuba nani nahlushwa ngabesizwe sakini, njengalokho nawo ahlushwa ngabaJuda

15 ababulala neNkosi uJesu nabaprofethi, basixosha nathi, bengamthokozisi uNkulunkulu, bemelana nabantu bonke,

16 besivimbela ukukhuluma nabezizwe ukuba basindiswe, ukuze bagcwalise njalo izono zabo; kepha ulaka selufinyelele phezu kwabo ngokupheleleyo.

### Uthando lukaPawulu aluguqukile

17 Kepha thina, bazalwane, lokhu besahlukanisiwe nani isikhashana ngobuso kungenganhliziyo, kwaba yikhona sikhuthalela kakhulu ukubona ubuso benu ngokunxanela okukhulu.

18 Ngakho besithanda ukuza kinina, mina Pawulu ngokwami kanye nakabili, kepha uSathane wasivimbela.

19 Ngokuba liyini ithemba lethu, nokuthokoza, nomqhele wokuzibonga phambi kweNkosi yethu uJesu Kristu ekufikeni kwakhe, kungeyinina na?

20 Ngokuba nina niludumo lwethu nokuthokoza kwethu.

## 1 kwabaseThesalonika 3

### Ngothando lwakhe olukhulu uPawulu wabathumela uThimothewu

1 Ngalokho kwathi singasenakubekezela, sathi kuhle ukuba sisale sodwa e-Athene,

2 sathuma uThimothewu umzalwane wethu, isikhonzi sikaNkulunkulu evangelini likaKristu, ukuba aniqinise, anivuse maqondana nokukholwa kwenu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 ukuba kunganyakaziswa muntu ngalezo zinhlupheko; ngokuba niyazi nina ukuthi simiselwe lokho.

4 Ngokuba kuthe sisekhona kini, sanitshela ngaphambili ukuthi siyakuhlushwa, njengokuba kwaba njalo, nani nikwazi.

5 Ngalokho nami, lapho ngingasenakubekezela, ngathumela ukuba ngiqonde ukukholwa kwenu, ingabe mhlawumbe umlingi unilingile yini, ukukhandleka kwethu kube yize.

### Esebuyile uThimothewu, uPawulu uyathokoza; uyabakhulekela

6 Kepha kalokhu uThimothewu esefikile kithi evela kini, esibikela izindaba ezinhle zokukholwa nothando lwenu, nokuthi nisikhumbula kahle njalo, nokuthi nilangazelela ukusibona, njengokuba nathi silangazelela ukubona nina,

7 ngalokho, bazalwane, saduduzeka ngani ngokukholwa kwenu ekusweleni nasosizini lwethu lonke,

8 ngokuba kalokhu siyaphila, uma nina nimi niqinile eNkosini.

9 Ngokuba ngukubonga okunjani esingakubuyisela kuNkulunkulu ngani ngokuthokoza konke esithokoza ngakho ngenxa yenu phambi kukaNkulunkulu wethu na?

10 Ubusuku nemini sinxusa nokunxusa ukuba sibone ubuso benu, siphelelise okusileleyo ekukholweni kwenu.

11 Sengathi uNkulunkulu noBaba wethu uqobo neNkosi yethu uJesu angayiqondisa indlela yethu yokuza kini,

12 iNkosi ininike ukwanda nokuchichima othandweni, omumye komunye nakubo bonke, njengokuba sinjalo kinina,

13 ukuze iqinise izinhliziyo zenu, zingabi nakusoleka ebungcweleni phambi kukaNkulunkulu noBaba wethu ekufikeni kweNkosi yethu uJesu kanye nabangcwele bakhe bonke.

## 1 kwabaseThesalonika 4

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

### UPawulu ubayala ukuba bangcweliswe, bayeke ubufebe, bathandanise okwabazalwane

1 Elokugcina-ke, bazalwane, siyaninxusa, siyaniyala ngeNkosi uJesu ukuba njengalokho nakwamukela kithi ukuthi nifanele ukuhamba nokumthokozisa kanjani uNkulunkulu, njengalokho nihamba kanjalo, manivame kakhulu kulokho.

2Ngokuba niyayazi imiyalo esaninika yona ngayo iNkosi uJesu.

3 Ngokuba lokhu kuyintando kaNkulunkulu, ukungcweliswa kwenu, ukuba nidede ebufebeni

4 ukuba yilowo nalowo kini akwazi ukuhlala nomkakhe ngobungcwele nangokuhlonipha,

5 kungabi ngokushisa kwenkanuko njengabezizwe abangamazi uNkulunkulu

6ukuba kungabikho noyedwa omonayo, aphambe umfowabo ngento, ngokuba iNkosi ingumphindiseli kukho konke lokho, njengokuba sanitshela phambili, saqinisa.

7 Ngokuba uNkulunkulu kasibizelanga amanyala, kepha wasibizela ebungcweleni.

8 Ngakho-ke owalayo akali umuntu, kepha wala uNkulunkulu, yena oninika uMoya wakhe oNgcwele.

9 Kepha maqondana nothando lobuzalwane anisweli ukuba umuntu anilobele, ngokuba nina uqobo ningabafundisiwe nguNkulunkulu ukuba nithandane;

10 nempela niyakwenza lokho kubo bonke abazalwane abaseMakedoniya lonke. Kepha siyaniyala, bazalwane, ukuba nivame nokuvama kulokho,

11 nikhuthalele ukuhlala ngokuthula, nokwenza okwenu, nokusebenza ngezandla zenu, njengokuba saniyala,

12 ukuze nihambe ngokufaneleyo kwabangaphandle, ningasweli lutho.

### Ukuvuka kwabafileyo

13 Kepha asithandi, bazalwane, ukuba ningabi nakwazi ngabalalayo, ukuze ningadabuki njengabanye abangenalo ithemba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Ngokuba uma sikholwa ukuthi uJesu wafa, wavuka, ngokunjalo-ke uNkulunkulu uyakubaletha nabaleleyo kuJesu kanye naye.

15 Ngokuba lokho sikusho kini ngezwi leNkosi ukuthi thina, esisekhona sisasele kuze kube sekufikeni kweNkosi, asiyikubandulela nempela abaleleyo,

16 ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomo, ngephimbo lengelosi enkulu nangecilongo likaNkulunkulu, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala,

17 khona thina, esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo emafwini, sihlangabeze iNkosi emoyeni; kanjalo-ke siyakuba nayo iNkosi njalo.

18Ngakho-ke duduzanani ngalawo mazwi.

## 1 kwabaseThesalonika 5

### Usuku lweNkosi kalwaziwa. Amakholwa kahlale elulindele kanye nensindiso

1Kepha ngezikhathi nangemizuzu, bazalwane, anisweli ukulotshelwa,

2 ngokuba nina uqobo niyazi kahle ukuthi usuku lweNkosi luza njengesela ebusuku.

3 Nxa bethi: Ngukuthula nokuhlala kahle, khona ukubhujiswa kuyabazuma njengemihelo ifikela okhulelweyo, abasoze baphunyuka.

4 Kepha nina bazalwane anikho ebumnyameni, ukuze lolo suku lunifice njengesela,

5 ngokuba nina nonke ningabantwana bokukhanya, ningabantwana bemini. Asisibo abobusuku noma abobumnyama;

6ngalokho-ke masingalali njengabanye, kodwa masiqwashe, siqonde.

7Ngokuba abalalayo balala ebusuku, nabadakwayo badakwa ebusuku;

8kepha thina esingabemini masiqonde, sifake isivikelo sesifuba sokukholwa nesothando, isigqoko sibe yithemba lokusindiswa;

9 ngokuba uNkulunkulu kasimiselanga ulaka kepha ukuba sizuze ukusindiswa ngeNkosi yethu uJesu Kristu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 owasifelayo ukuba, noma siqwashile noma silele, siphile kanye naye.

11 Ngalokho-ke vuselelanani, nakhane njengokuba futhi nikwenza.

### Mabazise abaholi babo, balulekane

12 Kepha siyanincenga, bazalwane, ukuba nibazi abakhandlekayo phakathi kwenu, nabaniphetheyo eNkosini, nabanilulekayo,

13 nibazisise kakhulu othandweni ngenxa yomsebenzi wabo. Hlalisanani ngokuthula.

14 Kepha siyaniyala, bazalwane, ukuba niluleke abangahambi ngomthetho, nithokozise abadanileyo, nisekele ababuthakathaka, nibabekezelele bonke.

15 Qaphelani ukuba kungabikho ophindisela omunye okubi ngokubi; kepha jongani njalo ukwenza okuhle, omunye komunye nakubo bonke.

16 Thokozani njalo;

17 khulekani ningaphezi;

18 kukho konke bongani; ngokuba lokhu kuyintando kaNkulunkulu kuKristu Jesu ngani.

19 Ningamcimi uMoya;

20 ningakudeleli ukuprofetha;

21 vivinyani konke, nibambisise okuhle;

22 dedani kukho konke okubonakala kukubi.

### Isigcino

23 Kepha uNkulunkulu wokuthula, yena uqobo, makaningcwelise ngokupheleleyo, kulondolozwe umoya wenu wonke nomphefumulo nomzimba, kungabi nacala ekufikeni kweNkosi yethu uJesu Kristu.

24 Uthembekile yena onibizayo, oyakukwenza futhi.

25 Bazalwane, sikhulekeleni.

26 Khonzani kubazalwane bonke ngokwanga okungcwele.

27 Ngiyanifungisa iNkosi ukuba le ncwadi ifundwe kubo bonke abazalwane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# 2 kwabaseThesalonika

## 2 kwabaseThesalonika 1

### Isibingelelo

1 OPawulu, noSilvanu, noThimothewu kulo ibandla labaseThesalonika elikuNkulunkulu, uBaba wethu, naseNkosini uJesu Kristu:

2 Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu Kristu.

### UPawulu ubonga ukuthuthuka kwevangeli phakathi kwebandla

3 Simelwe ukumbonga njalo uNkulunkulu ngani bazalwane, njengokuba kufanele, ngokuba inkolo yenu iyanda kakhulu, nothando lwenu nonke omunye komunye luyakhula,

4 kuze kuthi thina ngokwethu sizincome ngani emabandleni kaNkulunkulu ngenxa yokukhuthazela kwenu nokukholwa ekuzingelweni kwenu konke nasezinhluphekweni enibekezela kuzo,

5 okuyisiboniso sokwahlulela okulungileyo kukaNkulunkulu, ukuze kuthiwe ningabalungele umbuso kaNkulunkulu enihlupheka ngenxa yawo,

6 uma kambe kuyinto elungile kuNkulunkulu ukuba abuyisele ukuhlupheka kubo abanihluphayo,

7 aniphe nina enihluphekayo ukuphumula kanye nathi ekwambulweni kweNkosi uJesu, evela ezulwini, enezingelosi zamandla akhe,

8 elangabini lomlilo, ephindisela kwabangamazi uNkulunkulu nakwabangalaleli ivangeli leNkosi yethu uJesu,

9 abazakunikwa isijeziso esingukubhujiswa okuphakade, basuke phambi kobuso beNkosi naphambi kwenkazimulo yamandla akhe,

10 nxa efika ukuba akhazimuliswe kubo abangcwele bakhe, abe ngomangalisayo kubo bonke abakholwa ngalowo muhla, ngokuba nakholwa ngukufakaza kwethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Ngenxa yalokho siyanikhulekela njalo, ukuze uNkulunkulu wethu anenze nibe ngabafanele ukubizwa kwenu, agcwalise ngamandla konke okuhle enikuthandayo nomsebenzi wokukholwa,

12 ukuze igama leNkosi yethu uJesu likhazimuliswe kini, nani kuye, ngokomusa kaNkulunkulu wethu noweNkosi uJesu Kristu.

## 2 kwabaseThesalonika 2

### Ukufika kweNkosi kuyakwandulelwa ngukufika komuntu ongenamthetho

1 Kepha siyanxusa, bazalwane, mayelana nokufika kweNkosi yethu uJesu Kristu nokubuthanela kwethu kuyo,

2 ukuba ningasheshi ninyakaziswe engqondweni yenu, ningethuswa noma ngomoya, noma ngezwi, noma ngencwadi ngokungathi ivela kithi, sengathi usuku lukaKristu selufikile.

3 Makungabikho muntu onikhohlisayo nangayiphi indlela; ngokuba aluyikufika, kungaveli kuqala ukuhlubuka, kwambulwe umuntu ongenamthetho, indodana yokulahlwa,

4 omelana nakho konke, nozikhukhumeza phezu kwakho konke okuthiwa uNkulunkulu noma into ekhonzwayo, aze azihlalise ethempelini likaNkulunkulu ezishaya uNkulunkulu.

5 Anikhumbuli yini ukuthi ngisekhona kini nganitshela lokho na?

6 Senikwazi okumbambezelayo, ukuze ambulwe ngesikhathi sakhe.

7 Ngokuba imfihlakalo yokungabi namthetho isiyasebenza, kuphela ukuze kudediswe yena obambezelayo manje.

8 Lapho-ke uzakwambulwa lowo ongenamthetho, eyakumqeda iNkosi uJesu Kristu ngomoya womlomo wayo, imchithe ngokubonakala kokufika kwayo,

9 lowo okufika kwakhe kungokokusebenza kukaSathane ngawo onke amandla, nezibonakaliso, nezimangaliso zamanga,

10 nangayo yonke inkohliso yokungalungi kwababhubhayo, ngenxa yokuba bengavumanga ukuthanda iqiniso, ukuze basindiswe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Ngalokho-ke uNkulunkulu ubathumela amandla okuduka, baze bakholwe ngamanga,

12ukuba bonke abangakholwanga yiqiniso benamela ukungalungi balahlwe.

### Ukubonga nokunxusa kukaPawulu

13 Kepha thina simelwe ukubonga uNkulunkulu njalo ngani bazalwane abathandwa yiNkosi, ngokuba kwasekuqaleni uNkulunkulu wanikhethela ukusindiswa ngokungcwelisa kukaMoya nangokukholwa yiqiniso

14 anibizela kukho ngevangeli lethu, nize nizuze inkazimulo yeNkosi yethu uJesu Kristu.

15 Ngalokho-ke, bazalwane, yimani niqinile, nibambelele kuwo amasiko enawafundiswa noma ngezwi noma ngencwadi yethu.

16 Kepha iNkosi yethu uJesu Kristu uqobo, noNkulunkulu uBaba wethu owasithanda nowasipha ngomusa induduzo yaphakade nethemba elihle,

17makaduduze izinhliziyo zenu, aniqinise emisebenzini yonke nasemazwini onke amahle.

## 2 kwabaseThesalonika 3

### Izicelo nezifiso neziluleko zikaPawulu

1 Elokugcina, bazalwane, sikhulekeleni ukuba izwi leNkosi likhawuleze, lidunyiswe, njengalokhu kunjalo nakini,

2 nokuba sikhululwe kubantu abadukileyo nababi; ngokuba ukukholwa akusikho okwabo bonke.

3 Kepha iNkosi ithembekile, eyakuniqinisa, inilondoloze komubi.

4 Siyethemba eNkosini ngani ukuthi lokhu esiniyala ngakho niyakwenza nokuthi nizakukwenza.

5Kepha iNkosi mayiqondise izinhliziyo zenu othandweni lukaNkulunkulu nasekubekezeleni kukaKristu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Kodwa siyaniyala, bazalwane, egameni leNkosi uJesu Kristu ukuba
nizahlukanise nabazalwane bonke abahamba ngokungafanele, bengahambi
ngomyalo eniwamukele kithina.

7 Ngokuba nani niyazi ngokwenu ukuthi kufanele ukuba nisilingise kanjani,
ngokuba asihambanga ngokungafanele phakathi kwenu,

8 asidlanga sinkwa samuntu ngesihle, kodwa sadla ngokukhandleka
nangokukhathazeka, sisebenza ubusuku nemini ukuba singasindi muntu kini,

9 kungengokuba singenalo ilungelo, kodwa ukuze sizinikele sibe yisibonelo
kini sokuba nisilingise.

10 Ngokuba nalapho sisekini, saniyala ngalokhu ukuthi: Uma umuntu
engathandi ukusebenza, makangadli.

11 Ngokuba sizwa ukuthi abanye phakathi kwenu bahamba ngokungafanele,
bengasebenzi lutho, kepha benza okuyize nje;

12 abanjalo siyabayala sibaluleka eNkosini uJesu Kristu ukuba basebenze
ngokuthula, badle esabo isinkwa.

13 Kepha nina bazalwane, ningadinwa ngukwenza okuhle.

14 Uma ekhona ongalaleli izwi lethu kule ncwadi, mphawuleni lowo,
ningahlanganyeli naye, ukuze abe namahloni;

15 kepha ningamphathisi okwesitha, kodwa mlulekeni njengomzalwane.

16 Kepha iNkosi yokuthula uqobo mayiniphe ukuthula ngezikhathi zonke
nangezindlela zonke. INkosi mayibe nani nonke.

### Isigcino

17 Ngiyakhonza ngesandla sami mina Pawulu, okuluphawu ezincwadini
zonke; ngiloba kanjalo.

18 Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu mawube nani nonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# 1 kuThimothewu

## 1 kuThimothewu 1

### Isibingelelo

1 UPawulu, umphostoli kaKristu Jesu ngomyalo kaNkulunkulu uMsindisi
wethu noKristu Jesu ithemba lethu,

2 kuThimothewu, umntanami ngesiminya ekukholweni: Makube kuwe umusa,
nesihawu, nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba nakuKristu Jesu iNkosi
yethu.

### UPawulu ukhumbuza uThimothewu ukuba alwe nesifundiso samanga e-Efesu

3 Njengokuba ngakutshela mhla ngiya eMakedoniya ukuthi wohlala e-Efesu,
ukuze uyale abathile ngokuthi bangafundisi okwahlukileyo,

4 futhi banganaki izinganekwane nezindaba zolibo olokuzalana ezingapheliyo,
ezibanga ukuphikisana kunokuba ziqhube isimiso sikaNkulunkulu
esisekukholweni, ngenza njalo namanje;

5 kepha umgomo womyalo uluthando oluvela enhliziyweni emhlophe,
nakunembeza omuhle, nasekukholweni okungazenzisiyo,

6 abathe abanye bephaphalazile kulokho, baphambukela ekukhulumeni
okuyize,

7 befuna ukuba babe ngabafundisi bomthetho, ingani kabaqondi abakushoyo
nabaqinisa ngakho begomela.

8 Siyazi kambe ukuthi umthetho muhle, nxa umuntu ewusebenzisa
ngokomthetho,

9 ekwazi lokhu ukuthi umthetho awumiselwe olungileyo, umiselwe
abangenamthetho namahlongandlebe, abangamesabi uNkulunkulu
nabayizoni abahlazisayo nabadumazayo, nababulali bawonina, nababulala
abantu,

10 nezifebe, nabesilisa abalalanayo, nabathumbabantu, nabaqambimanga,
nabafungela amanga, noma kungakhona okunye okuphambene nesifundiso
esiphilileyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11ngokwevangeli lenkazimulo kaNkulunkulu obongekayo, engaphathiswa lona mina.

### UPawulu udumisa uNkulunkulu owamkhethela ukushumayela ivangeli

12Ngiyambonga owangenzela amandla, uKristu Jesu iNkosi yethu, ngokuba wathi ngikholekile, engimisa enkonzweni,

13 noma kade ngingohlambalazayo, nozingelayo, nohluphayo; kodwa ngahawukelwa ngokuba ngakwenza ngokungazi, ngokungakholwa.

14 Kepha umusa weNkosi yethu wavama kakhulu kanye nokukholwa nothando olukuKristu Jesu.

15 Likholekile leli zwi, lifanele impela ukwamukelwa ukuthi uKristu Jesu weza ezweni ukusindisa izoni, engingesikhulu kuzo;

16kepha ngahawukelwa ngalokhu ukuze uJesu Kristu abonakalise kimi engingesikhulu konke ukubekezela kwakhe, ngibe yisibonelo kwabazakukholwa nguye, baze babe nokuphila okuphakade.

17 Kuyo iNkosi yaphakade engabhubhiyo, engenakubonwa, uNkulunkulu yedwa, makube ludumo nenkazimulo kuze kube phakade naphakade. Amen.

### UPawulu uyala uThimothewu ukuba alwele iqiniso levangeli

18 Lo myalo ngiwuthwesa wena mntanami Thimothewu njengeziprofetho ezandulelayo ngawe, ukuze ulwe ukulwa okuhle ngazo,

19 unokukholwa nonembeza omuhle, okuthe abanye bekulahlile, bafelwa umkhumbi wokukholwa,

20 abakubona oHimenewu no-Aleksandru engibanikele kuSathane, ukuze balaywe ukuba bangahlambalazi.

## 1 kuThimothewu 2

### Imithetho yenkonzo yebandla

1 Ngakho-ke kuqala kukho konke ngiyala ukuba ukunxusa, nokukhuleka, nokucela, nokubonga kwenzelwe abantu bonke,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2amakhosi nabo bonke abakhulu, ukuze sihlale kahle nangokuthula, ngokumesaba uNkulunkulu nangesizotha esipheleleyo.

3 Lokhu kuhle, kuyabongeka emehlweni kaNkulunkulu uMsindisi wethu

4 othanda ukuba abantu bonke basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso.

5Ngokuba munye uNkulunkulu, munye nomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, umuntu uKristu Jesu,

6 owazinikela abe yinhlawulo yabo bonke, kube ngubufakazi besikhathi esiyiso,

7engamiselwa khona mina ukuba ngibe ngummemezeli nomphostoli -- ngikhuluma iqiniso, angiqambi amanga -- yebo, umfundisi wabezizwe ekukholweni naseqinisweni.

8 Ngalokho ngithanda ukuba amadoda akhuleke ezindaweni zonke, ephakamisa izandla ezingcwele, engenalulaka nokuphikisana.

**Maqondana nabesifazane ebandleni**

9 Ngokunjalo nabesifazane mabagqoke izingubo ezifaneleyo, bazihlobise ngokuhlonipha nokuqonda, kungabi ngezinwele ezalukiweyo, nangegolide, nangamaparele, nangezambatho ezinemali eningi,

10kepha njengokufanele abesifazane abashoyo ukuthi besaba uNkulunkulu bahlobe ngemisebenzi emihle.

11 Owesifazane makafunde ukuthula nokuthobeka konke.

12Kepha angimvumeli owesifazane ukuba afundise, nokuba abuse phezu kwendoda; kodwa makazithulele.

13 Ngokuba u-Adamu wabunjwa kuqala, emva kwalokho u-Eva.

14 Futhi u-Adamu kakhohliswanga, kepha owesifazane wathi ekhohlisiwe, waphambuka;

15kepha uyakusindiswa ngokuzala abantwana, uma behlala ekukholweni nasothandweni nasebungcweleni kanye nokuqonda.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## 1 kuThimothewu 3

### Okufuneka kwabazakuphatha ibandla nakumadiyakoni*

1 Likholekile leli zwi elithi: Uma umuntu efisa isikhundla sombonisi, unxanela umsebenzi omuhle.

2 Ngakho umbonisi umelwe abe ngongasolekiyo, indoda emfazi munye, abe ngozikhuzayo, oqondileyo, oziphatha ngokufaneleyo, ongenisa izihambi, onesu lokufundisa,

3 ongesilo ixhwele lewayini, ongesiso isilwi, kepha omnene, ongaxabaniyo, onganxaneli imali,

4 ophatha kahle indlu yakhe, abantwana bakhe bemthobela ngenhlonipho yonke --

5 kepha uma umuntu engakwazi ukuphatha owakhe umuzi, angaliphatha kanjani ibandla likaNkulunkulu na? --

6 angabi ngosanda kukholwa, funa ngokukhukhumala ayele ekulahlweni kukaSathane.

7 Kumelwe futhi ukuba abe nobufakazi obuhle kwabangaphandle, funa ayele esihlambeni nasesihibeni sikaSathane.

8 Ngokunjalo namadiyakoni kufanele abe nesizotha, angabi ndimimbili, angabi ngabanaka kakhulu iwayini, angahaheli inzuzo embi,

9 ephethe imfihlakalo yokukholwa kunembeza omhlophe.

10 Nalabo mabaqale bahlolwe, andukuba babe ngamadiyakoni, uma bengasoleki.

11 Ngokunjalo nabesifazane mababe nesizotha, abangahlebi, abazithibayo, abathembekayo ezintweni zonke.

12 Amadiyakoni mawabe ngamadoda amfazi munye, abusa kahle abantwana bawo nemizi yawo.

13 Ngokuba amadiyakoni akhonze kahle azizuzela ukuma kahle nesibindi esikhulu ekukholweni okukuKristu Jesu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

### Umgomo wale ncwadi

14Lokhu ngikulobela khona ngithemba ukuza kuwe masinyane;

15kepha uma ngilibala, khona uyakwazi ukuthi kumelwe ukuba abantu bahambe kanjani endlini kaNkulunkulu eyibandla likaNkulunkulu ophilayo, insika nesisekelo seqiniso.

16 Kuvunyiwe ukuthi inkulu imfihlakalo yokukhonza uNkulunkulu yokuthi: Owabonakaliswa enyameni, walungisiswa emoyeni, wabonwa yizingelosi, washunyayelwa ezizweni, wakholeka ezweni, waphakanyiselwa enkazimulweni.

## 1 kuThimothewu 4

### UPawulu ufundisa uThimothewu ukuba alwe nabahlubuka ekukholweni

1 Kepha uMoya usho ngokuchachileyo ukuthi ngezikhathi zokugcina abanye bayakuhlubuka ekukholweni, benaka omoya abadukisayo nezifundiso zamademoni,

2ngokuzenzisa kwabaqamba amanga abashiswe uphawu kunembeza wabo,

3 benqabela ukuganana, bethi akuzilwe ukudla akudalayo uNkulunkulu ukuba kwamukelwe ngokubonga yibo abakholwayo nabalaziyo iqiniso.

4 Ngokuba konke okudalwe nguNkulunkulu kuhle; akulahlwa lutho, uma kwamukelwa ngokubonga,

5ngokuba kungcweliswa ngezwi likaNkulunkulu nomkhuleko.

6 Nxa ubeka lezo zinto kubazalwane, uyakuba yisikhonzi esihle sikaKristu Jesu, wondliwa ngamazwi okukholwa nesifundiso esihle osilandeleyo;

7 kepha wale izinganekwane ezingcolileyo nezezalukazi. Kepha zijwayeze ekumesabeni uNkulunkulu.

8 Ngokuba ukujwayeza umzimba kusiza ingcosana, kepha ukumesaba uNkulunkulu kusiza ezintweni zonke, kunesithembiso salokhu kuphila nalokho okuzayo.

9Likholekile leli zwi, lifanele impela ukwamukelwa,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10ngokuba sikhandlekela lokho, siyashikashikeka, ngokuba sithembele kuNkulunkulu ophilayo onguMsindisi wabantu bonke, ikakhulu wabakholwayo.

11Woyala ngalezo zinto, ufundise ngazo.

### UPawulu ululeka uThimothewu abe yisibonelo, athembeke enkonzweni

12 Makungabikho muntu odelela ubusha bakho, kepha yiba yisibonelo kwabakholwayo ngezwi, nangenkambo, nangothando, nangokukholwa, nangokuhlanzeka.

13Nakekela ukufunda, nokuyala, nokufundisa, ngize ngifike.

14 Ungasidebeseli isiphiwo esikuwe, owasiphiwa ngezwi lokuprofetha nangokubekwa izandla ngamalunga.

15Nakekela lezo zinto, ume kuzo, ukuze ukuqhubeka kwakho kuqhame kubo bonke.

16 Ziqaphele wena kanye nesifundiso, ume kulezo zinto; ngokuba ngokwenza lokho uyakuzisindisa wena nabakuzwayo.

## 1 kuThimothewu 5

### Ngokuyala amalunga ebandla

1 Ungayikhaci indoda endala, kodwa yiyale njengoyihlo, namadoda amasha njengabafowenu,

2abesifazane abadala njengawonyoko, nabesifazane abasha njengawodadewenu ngenhlanzeko epheleleyo.

### Ngabafelokazi

3Yazisa abafelokazi abangabafelokazi ngoqobo.

4 Kepha uma umfelokazi enabantwana noma enabazukulwane, labo-ke mabafunde kuqala ukuhlonipha indlu yakwabo, babuyisele okufaneleyo kubazali babo, ngokuba kuyabongeka lokho phambi kukaNkulunkulu.

5 Lowo ongumfelokazi ngoqobo osele eyedwa uthembele kuNkulunkulu, uhlala ekunxuseni nasekukhulekeni ubusuku nemini,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 kepha lowo ozinikela ekutamaseni ufile esekhona.

7Yala ngalezo zinto, ukuze bangabi nokusoleka.

8 Kepha-ke uma umuntu engabondli abakubo, kakhulu abakwakhe, ukulahlile ukukholwa, mubi kunongakholwayo.

9 Makangafakwa esibalweni umfelokazi, uma engaphansi kweminyaka engamashumi ayisithupha, owabe ngumfazi wendoda inye,

10 ebongwa ngemisebenzi emihle, uma ondlile abantwana, uma engenisile izihambi, uma egezile izinyawo zabangcwele, uma esizile abahluphekayo, uma ekhuthalele umsebenzi wonke omuhle.

11Kepha abafelokazi abasha ubenqabe; ngokuba uma sebetamasile bedela uKristu, bafuna ukugana;

12 banokulahlwa, ngokuba bechithile ukukholwa kwabo kokuqala.

13 Futhi-ke bafunda nokuvilapha, bezula izindlu ngezindlu, bengavilaphi kuphela, kepha behleba, bezigaxa ngokungekwabo, bekhuluma okungafanele.

14 Ngakho-ke ngithanda ukuba abafelokazi abasha bagane, bazale abantwana, baphathe indlu yabo, bangasiniki isitha ithuba lokuthuka.

15Ngokuba nakalokhu abanye sebechezukele kuSathane.

16Uma owesifazane okholwayo enabafelokazi, makabasize, ibandla lingasindwa, ukuze lisize abafelokazi boqobo.

### Amalunga afanele ukondliwa yibandla

17 Amalunga aphatha kahle akuthiwe afanele ukutuswa ngokuphindiweyo, ikakhulu lawo akhuthalela izwi nokufundisa.

18Ngokuba umbhalo uthi: Ungayifaki isifonyo inkabi ebhulayo, futhi: Isisebenzi siyifanele inkokhelo yaso.

### Ngokuthetha amacala nezinye iziluleko

19 Icala eliqondene nelunga ungalemukeli, kungekho ofakazi ababili noma abathathu.

20 Abonayo ubasole phambi kwabo bonke, ukuze nabanye besabe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Ngiyaqinisa phambi kukaNkulunkulu noKristu Jesu nezingelosi ezikhethiweyo ukuba ulonde lezo zinto ngokungazinqumeli, ungenzi lutho ngokukhetha.

22 Ungasheshi ubeke izandla noma kubani, futhi ungahlanganyeli izono zabanye, uzigcine ube mhlophe.

23Ungabe usaphuza amanzi odwa, kepha phuza iwayini eliyingcosana ngenxa yesisu sakho nobuthakathaka bakho obuvamileyo.

24 Izono zabanye abantu zisobala, zibandulela ekwahlulelweni; kepha abanye ziyabalandela.

25 Ngokunjalo nemisebenzi emihle isobala; naleyo engenjalo ingesitheke.

## 1 kuThimothewu 6

### Ngezigqila

1 Bonke abayizigqila phansi kwejoka mabathi abanumzane babo bafanele ukutuswa impela, ukuze igama likaNkulunkulu nesifundiso kungahlanjalazwa.

2Abanabanumzane abakholwayo bangabadeleli, ngokuba bengabazalwane, kodwa kube yikhona bebakhonza kakhulu, ngokuba bengabakholwayo nabathandekayo labo abasizakala ngomsebenzi wabo. Wofundisa lezo zinto, uyale ngazo.

### Isifundiso masibe ngesiqinisileyo

3 Uma kukhona umuntu ofundisa okwahlukileyo, engawalandeli amazwi aphilileyo eNkosi yethu uJesu Kristu nesifundiso esiya ngokumesaba uNkulunkulu,

4 ukhukhumele lowo engaqondi lutho, kumphethe ukubuzana nokuphikisana ngamazwi okuvela kukho umhawu, nombango, nokuhlambalaza, nokuzindla okubi,

5 nokuxabana kwabantu abangqondo yabo yonakele, abamukwe iqiniso, bethi ukumesaba uNkulunkulu kuyindlela yenzuzo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society of south africa

6 Yebo, ukumesaba uNkulunkulu kanye nokwaneliswa kuyinzuzo enkulu,

7 ngokuba asilethanga lutho ezweni; kusobala ukuthi singemuke nalutho futhi;

8 kepha uma sinokudla nezambatho, asaneliswe yikho.

9 Kepha abafuna ukuceba bayela ekulingweni, nasesihibeni, nasezinkanukweni eziningi zobuwula ezilimazayo, ezishonisa abantu ekufeni nasekubhujisweni.

10 Ngokuba ukuthanda imali kuyimpande yakho konke okubi; abanye ngokuyifisa badukelwa ukukholwa, bazigwaza ngeminjunju eminingi.

### Ukukhonza uNkulunkulu ngesiminya; ukufundisa izicebi nokuxwaya isifundiso samanga

11 Kepha wena muntu kaNkulunkulu, balekela lezo zinto; jonga ukulunga, nokumesaba uNkulunkulu, nokukholwa, nothando, nokubekezela, nobumnene.

12 Yilwa ukulwa okuhle kokukholwa, ubambelele ekuphileni okuphakade owabizelwa kukho, wavuma ukuvuma okuhle phambi kofakazi abaningi.

13 Ngiyakuyala phambi kukaNkulunkulu ophilisa konke, naphambi kukaKristu Jesu owavuma ukuvuma okuhle phambi kukaPontiyu Pilatu,

14 ukuba ugcine umyalo ungenabala, ungenakusoleka, kuze kube sekubonakaleni kweNkosi yethu uJesu Kristu

15 ayakukubonakalisa ngezikhathi zakhe uSomandla obongekayo, oyedwa, iNkosi yamakhosi, uMbusi wababusi,

16 yena yedwa onokungafi, ehlala ekukhanyeni okungenakusondelwa kukho, ongazange abonwe muntu, nongebonwe; makube kuye udumo namandla aphakade. Amen.

17 Yala abacebileyo kuleli zwe lamanje ngokuthi bangakhukhumali, bangathembeli engcebeni engemiyo, kepha mabathembele kuNkulunkulu osicebisa ngakho konke, sithokoze ngakho,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18 benze okuhle, bacebe ngemisebenzi emihle, baphane, babelane,

19 bezibekelela isisekelo esihle sesikhathi esizayo, ukuze babambe ukuphila okuyikho.

### Isigcino

20 Thimothewu, londa kahle okubekiweyo kuwe, ugweme ukukhuluma okuyize nokuphikisana kwalokho okuthiwa ukwazi kungesikho,

21 okuthi abanye bekuvuma, baduka ekukholweni. Umusa mawube nani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# 2 kuThimothewu

## 2 kuThimothewu 1

### Isibingelelo

1 UPawulu, umphostoli kaKristu Jesu ngentando kaNkulunkulu ngokwesithembiso sokuphila okukuKristu Jesu,

2 kuThimothewu, umntwana othandekayo: Makube kuwe umusa, nobubele, nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba nakuKristu Jesu iNkosi yethu.

### UPawulu umvusa uThimothewu ukuba aqine ekulweleni ivangeli

3 Ngiyambonga uNkulunkulu engimkhonzayo kusukela kokhokho ngonembeza omhlophe, njengalokhu ngikukhumbula ngokungaphezi emikhulekweni yami ubusuku nemini,

4 ngilangazelela ukukubona, ngikhumbula izinyembezi zakho, ukuze ngigcwaliswe ngentokozo,

5 ngikhunjuzwe ukukholwa okungenakuzenzisa okukuwe, okwahlala kuqala kunyokokhulu uLowisi nakunyoko uYunisi, yebo, ngiyethemba, nakuwena.

6 Ngaleso sizathu ngiyakukhumbuza ukuba uvuse isipho somusa sikaNkulunkulu esikhona kuwe ngokubeka izandla zami.

7 Ngokuba uNkulunkulu akasiphanga umoya wobugwala, kepha owamandla, nowothando, nowokuzikhuza.

8 Ngalokho ungabi namahloni ngobufakazi ngeNkosi yethu nangami, isiboshwa sayo, kodwa hlanganyela ukuhluphekela ivangeli ngamandla kaNkulunkulu

9 owasisindisa, wasibiza ngobizo olungcwele, kungengokwemisebenzi yethu kepha ngokwelakhe icebo nomusa, esawuphiwa kuKristu Jesu zingakabikho izikhathi,

10 kepha osubonakalisiwe manje ngokubonakala koMsindisi wethu uKristu Jesu, owachitha ukufa, walethela ekukhanyeni ukuphila nokungabhubhi ngevangeli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 engamiselwa lona ukuba ngibe ngummemezeli, nomphostoli, nomfundisi;

12 ngaleso sizathu ngiyahlupheka nangalokhu, kepha anginamahloni, ngokuba ngiyamazi engikholwa nguye, ngiyethemba ukuthi unamandla okulonda lokho engikubekile kuye, kuze kube yilolo suku.

13 Isibonelo samazwi aphilayo masibe yilawo owawezwa kimi ngokukholwa nangothando olukuKristu Jesu;

14 okuhle okubekiwe kuwe ukulonde ngoMoya oNgcwele ohlala kithi.

15 Uyazi lokhu ukuthi bonke abase-Asiya bangifulathele, abaphakathi kwabo ngoFigelu noHermogene.

16 INkosi mayinike indlu ka-Onesiforu umusa, ngokuba wangihlumelela kaningi, wayengenamahloni ngeketanga lami,

17 kepha esefikile eRoma wangifunisisa, wangifumana --

18 iNkosi mayimnike ukuba athole ububele eNkosini ngalolo suku -- konke akhonza ngakho e-Efesu uyakwazi wena kakhulu.

## 2 kuThimothewu 2

### UThimothewu ululekwa ukuba abe yibutho elithembekileyo likaKristu

1 Ngakho wena mntanami, yiba namandla emseni okuKristu Jesu;

2 lokho okuzwileyo kimi phambi kofakazi abaningi, lokho-ke kubeke kubantu abathembekileyo abazakuba namandla okufundisa nabanye.

3Hlanganyela nami ukuhlupheka njengebutho elihle likaKristu.

4Akakho osempini olibala izidingo zalokhu kuphila, aze akholeke kulowo abuthwe nguye.

5 Futhi nxa umuntu encintisana, kaqheliswa engancintisananga ngokomthetho.

6 Umlimi osebenzayo kufanele ukuba kwamukele yena izithelo kuqala.

7Qonda engikushoyo; ngokuba iNkosi iyakukunika ukuqonda ngezinto zonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Khumbula uJesu Kristu ovukile kwabafileyo, wenzalo kaDavide ngokwevangeli lami,

9 engihlupheka ngalo kuze kube sekuboshweni njengeselelesi; kepha izwi likaNkulunkulu aliboshiwe.

10 Ngalokho ngiyakhuthazela kukho konke ngenxa yabakhethiweyo, ukuze nabo bazuze insindiso ekuKristu Jesu, kanye nenkazimulo yaphakade.

11 Likholekile leli zwi lokuthi: Ngokuba uma safa naye, siyakuphila naye futhi;

12 uma sikhuthazela, siyakubusa naye futhi; uma simphika, naye uyakusiphika;

13 uma singathembeki, yena uhlala ethembekile, ngokuba akanakuziphika.

14 Bakhumbuze ngalokho, ufakaze phambi kukaNkulunkulu ukuba bangalwi ngamazwi, okungasizi lutho, okuyincithakalo kwabezwayo.

15Khuthalela ukuba uziveze uthembekile kuNkulunkulu, isisebenzi esingenamahloni, esiqondisa kahle izwi leqiniso.

16 Kepha ukukhuluma kwezwe okuyize ukugweme; ngokuba bayakuqhubekela phambili ekungamesabini uNkulunkulu,

17 nezwi labo liyakubhibha njengesilonda esibhucukayo, abaphakathi kwabo ngoHimenewu noFiletu

18 abadukileyo mayelana neqiniso, bethi ukuvuka kwabafileyo sekudlulile, bechitha ukukholwa kwabanye.

19 Nokho isisekelo esiqinileyo sikaNkulunkulu simi, sinalolu phawu lokuthi: INkosi iyabazi abangabayo, nokuthi: Yilowo nalowo ophatha igama likaKristu makadede kukho ukungalungi.

20 Kepha endlini enkulu akukho izitsha zegolide nezesiliva kuphela kodwa nezemithi nezebumba, ezinye ezihloniphekayo, ezinye ezingahloniphekiyo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 ngalokho uma umuntu ezihlanza kulezo zinto, uyakuba yisitsha esihloniphekayo, esingcwelisiwe, esinosizo kumninindlu, esilungiselwe umsebenzi wonke omuhle.

22 Kepha balekela izinkanuko zobusha, ujonge ukulunga, nokukholwa, nothando, nokuthula kanye nabakhuleka eNkosini ngenhliziyo ehlambulukileyo.

23 Kepha ukuphikisana kobuwula nokokungazi ukunqabe, wazi ukuthi kuzala ukulwa;

24 inceku kaKristu ayifanele ukulwa, kodwa mayibe mnene kubo bonke, inesu lokufundisa, ibekezela,

25 ibalaya ngomoya omnene abamelene nayo, kumbe uNkulunkulu angabanika ukuphenduka, baze balazisise iqiniso,

26basanguluke, baphume ogibeni lukaSathane ababanjwe nguye ukuba benze intando yakhe.

## 2 kuThimothewu 3

### Abadukisi bezikhathi zokugcina

1 Kepha yazi lokhu ukuthi ezinsukwini zokugcina kuzakuvela izikhathi ezinzima;

2 ngokuba abantu bazakuba ngabazithandayo, nabathandimali, nabazigabisayo, nabazidlayo, nabahlambalazayo, nabangalaleli abazali, nabangabongiyo, nabahlazisayo,

3nabangenaluthando, nabahlebi, nabangazithibi, nabangenabumnene, nabangathandi okuhle,

4 nabakhapheli, nabanamawala, nabakhukhumele, nabathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu,

5nabanesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika; labo-ke wobagwema.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 Ngokuba kulabo kuvela abanyonyobela ezindlini bethumba abesifazane abasindwa yizono, beqhutshwa yizinkanuko eziyizinhlobonhlobo,

7befunda njalo, kepha bengeke bakwazi ukufika ekulazini iqiniso.

8 NjengoJane noJambre bamelana noMose, kanjalo laba bamelana neqiniso, abantu abonakele ingqondo, abehluleka enkolweni.

9Kepha abasayikuqhubekela phambili; ngokuba ubuwula babo buyakuba sobala kubo bonke, njengokuba kwaba njalo nobabo.

**Ukubambelela esifundisweni esilungileyo**

10 Kepha wena walandela isifundiso sami nokuziphatha, nomgomo, nenkolo, nokubheka kade, nothando, nokubekezela,

11 nokuzingelwa, nezinhlupheko ezangehlela e-Antiyokiya nase-Ikoniyu naseListra; ukuzingelwa okunje ngakhuthazela kukho, kepha iNkosi yangikhulula kukho konke.

12 Yebo, bonke abathanda ukuhamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa.

13Kepha abantu ababi nabakhohlisi bazakuqhubekela phambili ebubini, bedukisa, bedukiswa.

14 Kepha wena yima kulokho okufundile nowaqiniseka kukho, wazi ukuthi ukufunde kobani,

15 nokuthi kusukela ebuntwaneni wazi imibhalo engcwele enamandla okukuhlakaniphisa, kube yinsindiso ngokukholwa kuKristu Jesu.

16 Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu ilungele ukufundisa, nokusola, nokuqondisa, nokuyala ekulungeni,

17 ukuze umuntu kaNkulunkulu aphelele, apheleliselwe yonke imisebenzi emihle.

## 2 kuThimothewu 4

**UThimothewu uyalwa ukuba aqine**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Ngiyaqinisa phambi kukaNkulunkulu noKristu Jesu oyakwahlulela abaphilayo nabafileyo nangokubonakala kwakhe nombuso wakhe, ngithi:

2 Shumayela izwi, uqinise, noma kuyisikhathi noma kungesiso; sola, ukhuze, uyale ngakho konke ukubekezela nokufundisa.

3 Ngokuba kuyakuba khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isifundiso esiphilayo, kepha ngokwezinkanuko zabo bayakuzibuthela abafundisi njengokubatshwa kwezindlebe zabo,

4 bafulathelise izindlebe zabo eqinisweni, baphambukele ezinganekwaneni.

5 Kepha wena, qonda ezintweni zonke, ubekezele ekuhluphekeni, wenze umsebenzi womvangeli, ufeze ukukhonza kwakho.

6 Ngokuba mina sengiyanikelwa, nesikhathi sokumuka kwami sesifikile.

7 Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiqedile ibanga, ngigcinile ukukholwa;

8 sengibekelwe umqhele wokulunga eyakungipha wona ngalolo suku iNkosi, umahluleli olungileyo, kungeyimi ngedwa, kepha bonke abathandile ukubonakala kwayo.

### UThimothewu ucelwa ukuba afike kuPawulu

9 Shesha uze kimi masinyane.

10 Ngokuba uDema wangishiya ethanda leli zwe lamanje, waya eThesalonika; uKreste waya eGalathiya, uThithu eDalmathiya;

11 nguLuka yedwa onami. Thatha uMarku, uze naye, ngokuba unosizo kimi ekukhonzeni.

12 UThikhiku sengamthuma e-Efesu.

13 Ijazi engalishiya eTrowa kuKarpu woliphatha, nxa uza, nezincwadi, ikakhulu ezesikhumba.

14 U-Aleksandru, umkhandi wethusi wenza okubi okuningi kimi; iNkosi iyakumbuyisela ngokwemisebenzi yakhe;

15 umxwaye nawe, ngokuba wamelana kakhulu namazwi ethu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

16 Ekuziphenduleleni kwami kokuqala kwakungekho muntu ongimelayo, kepha bonke bangishiya; makungabalelwa kubo lokho;

17kodwa iNkosi yangimela, yangipha amandla ukuba intshumayelo ipheleliswe ngami, nabezizwe bonke bezwe; ngase ngikhululwa emlonyeni wengonyama.

18 INkosi iyakungikhulula kuyo yonke imisebenzi emibi, ingisindise, ngize ngifike embusweni wayo osezulwini; makube kuyo inkazimulo kuze kube phakade naphakade. Amen.

### Isigcino

19 Khonza koPriska no-Akwila nendlu ka-Onesiforu.

20 U-Erastu wasala eKorinte, kepha uTrofimu ngamshiya eMilethu egula.

21Shesha ufike, kungakangeni ubusika. Bakhonza kuwe o-Evubulu, noPhude, noLinu, noKlawudiya, nabo bonke abazalwane.

22INkosi mayibe nomoya wakho. Umusa mawube nani.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# KuThithu

## KuThithu 1

### Isibingelelo

1UPawulu, inceku kaNkulunkulu nomphostoli kaJesu Kristu ngokokukholwa kwabakhethiweyo bakaNkulunkulu nangokokwazi iqiniso elingokokukhonza uNkulunkulu,

2 ethembeni lokuphila okuphakade uNkulunkulu ongaqambi amanga akwethembisa phambi kwezikhathi zaphakade,

3 kepha ngesikhathi esifaneleyo ubonakalisile izwi lakhe entshumayelweni engayiphathiswayo ngokomyalo kaNkulunkulu uMsindisi wethu,

4 kuThithu, umntanami ngempela ngokokukholwa esikuhlanganyele sonke: Makube kuwe umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba nakuKristu Jesu uMsindisi wethu.

### UPawulu ukhumbuza uThithu ngomsebenzi eKrethe wokuhlela amabandla nokulwa nabafundisi bamanga

5 Ngakushiya eKrethe ngenxa yalokhu ukuba uhlele okusaseleyo, umise amalunga emizini yonke, njengokuba ngakuyala,

6 uma kukhona ongasolekiyo, indoda emfazi munye, enabantwana abakholwayo abangenakusolwa ngokushinga nabangalaleliyo.

7 Ngokuba umbonisi umelwe ukuba abe ngongasolekiyo njengomphathimuzi kaNkulunkulu, ongaziqhenyi, ongesiso isififane, ongesiso isiphuzi, ongesiso isilwi, ongesiye ohahela inzuzo embi,

8kepha ophatha kahle izihambi, othanda okuhle, oqondileyo, olungileyo, ongcwele, ozithibayo,

9 obambelele ezwini elithembekileyo ngokwesifundiso, aze abe nakho nokuyala ngesifundiso esiphilileyo nokwahlula abaphikayo.

10 Ngokuba baningi abangalaleliyo abakhuluma ize, nabakhohlisayo, ikakhulu abokusoka,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11abamelwe ukuthuliswa, abachitha indlu iphela, befundisa okungafanele ngenxa yenzuzo embi.

12Omunye kubona, umprofethi wakubo, washo wathi: AbaseKrethe bangabaqambimanga njalo, izilwane ezimbi, iziminzi ezivilaphayo.

13 Lobo bufakazi buqinisile. Ngalokho-ke ubayalisise, ukuze baphile ekukholweni,

14 benganaki izinganekwane zabaJuda nemiyalo yabantu abafulathela iqiniso.

15 Kwabahlanzekileyo konke kuhlanzekile; kepha kwabangcolileyo nabangakholwayo akukho lutho oluhlanzekileyo, kodwa kungcole ingqondo yabo nonembeza wabo.

16 Bavuma ukuthi bayamazi uNkulunkulu, kepha bayamphika ngemisebenzi yabo bengabenyanyekayo, nabangalaleliyo, nasemisebenzini yonke emihle kabasizi lutho.

## KuThithu 2

### UThithu ufanele ukukhombisa abezimo zonke ukuba bazamele ukuhamba okungcwele

1 Kepha wena khuluma lokhu okufanele isifundiso esiphilileyo

2sokuthi: Amadoda amadala mawabe ngazithibayo, azothileyo, aqondileyo, aphilile ekukholweni, nasothandweni, nasekubekezeleni;

3 kanjalo nabesifazane abadala baziphathe ngokufanele abangcwele, bangabi ngabahlebi, bangabi yizigqila zewayini eliningi, babe ngabafundisi bokuhle,

4ukuze bafundise abesifazane abasha ukuthanda amadoda abo, bathande nabantwana babo;

5 babe ngabaqondileyo, abamhlophe, abaphatha kahle amakhaya, abamnene, abathobela amadoda abo ukuba izwi likaNkulunkulu lingahlanjalazwa.

6Ngokunjalo ubayale abesilisa abasha ukuba babe ngabaqondileyo,

7uzibonakalise kukho konke ube yisibonelo semisebenzi emihle, nasekufundiseni kwakho ubonakalise ukungonakali, ube nesizotha,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[8]ukhulume okuqondileyo okungasolekiyo, ukuze omelana nathi abe namahloni, engenalutho olubi angalukhuluma ngathi.

[9] Yala izinceku ukuba zithobele amakhosi azo, zikholeke ezintweni zonke, zingaphiki nkani,

[10]zingantshontshi, zibonakalise konke ukwethemba okuhle, ukuze zihlobise isifundiso sikaNkulunkulu uMsindisi wethu ezintweni zonke.

[11] Ngokuba umusa kaNkulunkulu wokusindisa ubonakalisiwe kubantu bonke;

[12] uyasifundisa ukuba sidele ukungakholwa nezinkanuko zezwe, sihambe ngokuqonda, nangokulunga, nangokumesaba uNkulunkulu kulesi sikhathi samanje,

[13] sibheke ithemba elibusisiweyo nokuvela kwenkazimulo kaNkulunkulu omkhulu noMsindisi wethu uJesu Kristu

[14] owazinikela ngenxa yethu, ukuze asihlenge ebubini bonke, asihlambulule isizwe esingesakhe, sishisekele imisebenzi emihle.

[15] Khuluma lokho, uyale, ukhuze ngamandla onke. Ungadelelwa muntu.

## KuThithu 3

### Ukulalela amakhosi

[1] Bakhumbuze ukuba bathobele ababusi neziphathimandla, balalele, balungele imisebenzi yonke emihle,

[2] bangahlambalazi muntu, bangabi yizilwi, babe ngabavileyo, bebonakalisa ubumnene obukhulu kubantu bonke.

[3] Ngokuba nathi kade sasiyiziwula, abangalaleliyo, abadukiswayo, sikhonza izinkanuko nokutamasa okuyizinhlobonhlobo, sihlezi ebubini nangomhawu, sizondekile sizondana.

[4]Kepha lapho sekubonakalisiwe ububele bukaNkulunkulu uMsindisi wethu nothando lwakhe kubantu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[5]wasisindisa kungengamisebenzi yokulunga esayenzayo thina kepha ngokwesihawu sakhe ngesigezo sokuphindukuzalwa nokwenziwa sibe basha ngoMoya oNgcwele,

[6] amthelayo kakhulu phezu kwethu ngaye uJesu Kristu uMsindisi wethu,

[7] ukuze silungisiswe ngomusa wakhe, sibe yizindlalifa zokuphila okuphakade ngokwethemba.

## Xwaya izifundiso zamanga

[8]Lithembekile leli zwi. Ngithanda ukuba uqinise impela ngalezo zinto, ukuze abakholwa nguNkulunkulu bakhuthalele ukwenza imisebenzi emihle. Lezo zinto zinhle, zinosizo kubantu;

[9] kepha gwema imibuzo yobuwula, nezindaba zolibo lokuzalana, nokubanga nokuphikisana ngomthetho; ngokuba lokho akusizi, kuyize.

[10]Umuntu onezifundiso ezidukisayo, eselulekwe kanye nakabili male,

[11] wazi ukuthi onjalo uphambukile, uyona, ezahlulela yena.

## Isigcino

[12] Nxa sengithuma u-Arethema noma uThikhiku kuwe, woshesha ukuza kimi eNikopholi; ngokuba nginqumile ukuthi ngizakuhlala lapho ubusika.

[13] UZena, ummeli, no-Apholo wobahambisa ngokunakekela, bangasweli lutho.

[14] Nabakithi mabafunde ukukhuthalela imisebenzi emihle njengokuswelekileyo, ukuze bangabi ngabangenazithelo.

[15]Bonke abanami bayakhonza kuwe. Khonza kwabasithandayo ekukholweni. Umusa mawube nani nonke.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# KuFilemoni

## KuFilemoni 1

### Isibingelelo

1 UPawulu, isiboshwa sikaKristu Jesu, noThimothewu umzalwane
kuFilemoni, isithandwa sethu nesisebenzi kanye nathi,

2 naku-Apifiya udadewethu, naku-Arkiphu, ibutho kanye nathi, nakulo
ibandla elisendlini yakho:

3 Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu
naseNkosini uJesu Kristu.

### UPawulu ubabaza ukukholwa kukaFilemoni

4 Ngibonga uNkulunkulu wami njalo ngikukhumbula emikhulekweni yami,

5 uma ngizwa ngothando lwakho nokukholwa onakho eNkosini uJesu nakubo
bonke abangcwele,

6 ukuze ukuhlanganyela kokukholwa kwakho kube nomsebenzi ekwazini
konke okuhle okukithi kuKristu,

7 ngokuba nginokuthokoza okukhulu nenduduzo ngothando lwakho, ngokuba
izinhliziyo zabangcwele zihlunyelelwe ngawe mzalwane.

### UPawulu ukhulumela u-Onesimu

8 Ngalokho noma nginesibindi esikhulu kuKristu sokuba ngikuyale ngakho
okufaneleyo,

9 nokho ngenxa yothando okungcono ngiyancenga, njengokuba nginje mina
Pawulu osemdala, manje futhi ngiyisiboshwa sikaKristu Jesu,

10 ngikuncenga ngomntanami engimzeleyo ekuboshweni kwami, u-Onesimu;

11 okade engenalusizo kuwe, kepha kalokhu unosizo nakuwe nakimi,

12 engimbuyisele kuwe, yena oyinhliziyo yami,

13 ebengifuna ukumbamba ahlale kimi, ukuze angikhonze esikhundleni sakho
ngisekuboshweni ngenxa yevangeli;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 kepha ngaphandle kokubona kwakho ngangingathandi ukwenza lutho, ukuze umusa wakho ungabi ngokucindezelwa, kodwa ube ngesihle.

15Ngokuba mhlawumbe kungenxa yalokho ukuba ahlukaniswe nawe isikhashana, ukuze abe ngowakho kuze kube phakade,

16 angabi esaba njengesigqila, kodwa abe ngaphezu kwesigqila, engumzalwane othandekayo, kakhulu kimi kepha kakhulu kangakanani kuwe, nasenyameni naseNkosini.

17Ngakho uma uthi ngingumhlanganyeli nawe, mamukele ngokungathi yimi.

18Kodwa uma ekonile ngento, noma enecala kuwe, lokho kubalele kimi;

19 mina Pawulu ngikuloba ngesandla sami, ngiyakukukhokha ukuba ngingaze ngisho kuwe ukuthi nawe unecala kimi elinguwe uqobo.

20Yebo, mzalwane, mangithokoziswe nguwe eNkosini, uyihlumelele inhliziyo yami kuKristu.

## Isigcino

21Ngikulobele ngokwethemba ukulalela kwakho, ngazi ukuthi uzakwenza nokungaphezu kwengikushoyo.

22 Futhi-ke wongilungisela nami indawo; ngokuba ngiyethemba ukuthi ngemikhuleko yenu ngizakuphiwa nina.

23Uyakhonza kuwe u-Ephafra oyisiboshwa kanye nami kuKristu Jesu,

24noMarku, no-Aristarku, noDema, noLuka, izisebenzi kanye nami.

25Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu mawube nomoya wenu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# KumaHeberu

## KumaHeberu 1

### UKristu mkhulu kunezingelosi zonke

1 UNkulunkulu esekhulumile endulo kokhokho ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi,

2 ekugcineni kwale mihla ukhulume kithina ngeNdodana ayimise ibe yindlalifa yakho konke, owadala ngayo futhi izwe.

3 Yona ethi ingukumenyezela kwenkazimulo yakhe, ifuze yena uqobo, iphasa konke ngezwi lamandla ayo, isiyenzile ukuhlanzwa kwezono, yahlala ngakwesokunene soMkhulu kweliphezulu,

4 seyaba nkulu kunezingelosi, njengalokhu igama eliyifa layo likhulu kunelazo.

### UKristu uyiNdodana kaNkulunkulu

5 Ngokuba yiyiphi yezingelosi ake asho kuyo ukuthi: UyiNdodana yami wena, namuhla ngikuzele, na? nokuthi: Ngiyakuba nguYise kuyona, yona ibe yiNdodana kimina, na?

6 Futhi mhla engenisa oyizibulo emhlabeni uthi: Nezingelosi zonke zikaNkulunkulu mazikhuleke kuye.

7 Ngezingelosi uthi: Owenza izingelosi zakhe zibe yimimoya, izikhonzi zakhe zibe ngamalangabi omlilo.

8 Kepha ngeNdodana uthi: Isihlalo sakho sobukhosi, Nkulunkulu, singesaphakade naphakade; intonga yobuqotho iyintonga yombuso wakho.

9 Uthandile ukulunga, wazonda ububi; ngalokho-ke uNkulunkulu, uNkulunkulu wakho, ukugcobile ngamafutha enjabulo ngaphezu kwabafowenu,

10 nokuthi: Wena Nkosi, ekuqaleni wabeka isisekelo somhlaba; amazulu angumsebenzi wezandla zakho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Wona ayakubhubha, kepha wena umi njalo; wona onke ayakuguga njengengubo.

12Njengesambatho uyakuwagoqonga, njengengubo ayakuguquka. Kepha wena unguye njalo, iminyaka yakho ayiyukuphela.

13 Kepha yiyiphi yezingelosi ake asho kuyo ukuthi: Hlala ngakwesokunene sami, ngize ngenze izitha zakho zibe yisenabelo sezinyawo zakho, na?

14 Azisibo yini zonke omoya bokukhonza abathunyelwe ukukhonza ngenxa yabayakudla ifa lokusindiswa na?

## KumaHeberu 2

### Ukudelela izwi likaKristu lensindiso kunesijeziso esikhulu

1 Ngalokho kakhulu nga siqaphelisisa esikuzwileyo, funa mhlawumbe sikhukhulwe.

2 Ngokuba uma izwi elakhulunywa ngezingelosi laqiniseka, nakho konke ukuphambuka nokungalalaleli kwaphindiselwa ngokufaneleyo,

3 thina siyakuphunyuka kanjani, uma sidebesela ukusindiswa okungaka na? --okwakhulunywa kuqala ngeNkosi, kwaqiniswa kithina yilabo abamuzwayo,

4 uNkulunkulu futhi efakaza kanye nabo ngezibonakaliso, nangezimangaliso, nangemisebenzi yamandla eyizinhlobo nhlobo, nangokwabelwa kukaMoya oNgcwele ngokwentando yakhe.

### UKristu waba mncane kunezingelosi esasebenza umsebenzi wensindiso emhlabeni

5Ngokuba kwakungesizo izingelosi athobisela phansi kwazo izwe elizayo esikhuluma ngalo.

6 Kepha omunye ufakazile endaweni ethile ngokuthi: Umuntu uyini ukuba umkhumbule, noma indodana yomuntu ukuba uyinake, na?

7 Isikhashana wamenza waba mncinyane kunezingelosi; wambeka umqhele wenkazimulo nodumo, wammisa phezu kwemisebenzi yezandla zakho, izinto zonke wazibeka phansi kwezinyawo zakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 Ngokuba ekubekeni izinto zonke phansi kwakhe kashiyanga lutho olungabekwanga phansi kwakhe. Kepha kalokhu asikaziboni izinto zonke zibekiwe phansi kwakhe;

9 kodwa siyambona owenziwe waba mncinyane isikhashana kunezingelosi, uJesu, ebekiwe umqhele wenkazimulo nodumo ngenxa yokuhlupheka kokufa, ukuze ngomusa kaNkulunkulu ezwe ukufa ngenxa yabo bonke.

10 Ngokuba kwakumfanele yena, okukhona konke ngenxa yakhe nokukhona konke ngaye, ukuba, lapho eyisa amadodana amaningi enkazimulweni, amphelelise ngezinhlupheko yena oyinkosi yokusindiswa kwabo.

11 Ngokuba ongcwelisayo nabangcweliswayo bonke baphuma kumunye; ngakho-ke akananhloni ukubabiza ngokuthi: Ngabafowethu,

12 ethi: Ngizakushumayeza abafowethu igama lakho, ngihlabelele ngawe phakathi kwebandla,

13 futhi: Ngiyakubeka ithemba lami kuye, futhi: Bheka mina nabantwana uNkulunkulu anginike bona.

14 Ngakho-ke njengokuba abantwana bahlanganyela igazi nenyama, naye uqobo wahlanganyela khona lokho, ukuze ngokufa amchithe obe nawo amandla okufa onguSathane,

15 abakhulule bonke labo abathi ngokwesaba ukufa ekuhambeni kwabo konke babeboshelwe ebugqileni.

16 Ngokuba akahlangulisi izingelosi, kodwa uhlangulisa inzalo ka-Abrahama.

17 Ngakho-ke kwamfanela ukuba abe njengabafowabo kukho konke, ukuze abe ngumpristi omkhulu ohawukelayo nothembekayo kokukaNkulunkulu, kube yinhlawulo yezono zabantu.

18 Ngokuba lokhu wahlupheka yena uqobo elingwa, unamandla okusiza abalingwayo.

## KumaHeberu 3

### UKristu mkhulu kunoMose, eyindodana yasendlini

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Ngakho-ke, bazalwane abangcwele, enihlanganyela ukubiza kwasezulwini, qaphelani umPhostoli nomPristi omkhulu wesivumo sethu uJesu,

2 owayethembeka kuyena owammisayo, njengoMose naye wayenjalo endlini yakhe yonke.

3 Ngokuba lowo kwathiwa ufanele inkazimulo enkulu kunoMose, njengalokhu oyakhileyo indlu unodumo olukhulu kunendlu.

4 Ngokuba yileyo ndlu yakhiwa ngothile; kepha owakha konke nguNkulunkulu.

5 UMose kambe wayethembekile endlini yakhe yonke njengenceku, kuze kube ngubufakazi balokho obekuzakukhulunywa,

6 kepha uKristu uthembekile njengendodana phezu kwendlu yakhe, esiyindlu yakhe thina, uma sibambisisa isibindi nentokozo yethemba liqine kuze kube sekupheleni.

### Abakholwayo mabangadeleli izwi lakhe

7 Ngalokho njengokusho kukaMoya oNgcwele ukuthi: Namuhla, uma nilizwa izwi lakhe,

8 ningazenzi lukhuni izinhliziyo zenu njengasekucunuleni ngosuku lokulingwa ehlane,

9 lapho oyihlo bangilinga bengihlola, noma bebona imisebenzi yami iminyaka engamashumi amane;

10 ngalokho nganengwa yileso sizukulwane, ngathi: Bayaduka njalonjalo enhliziyweni yabo, abazazanga izindlela zami,

11 ngaze ngafunga ekuthukutheleni kwami, ngathi: Abayikungena ekuphumuleni kwami.

12 Xwayani, bazalwane, ukuba nakoyedwa kini kungabikho nhliziyo embi, engakholwayo, emhlubukisa kuNkulunkulu ophilayo;

13 kepha yalanani imihla ngemihla kusathiwa namuhla, ukuze kungabikho kini owenziwa lukhuni ngokukhohlisa kwesono,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14 ngokuba sesingababahlanganyela kuKristu, uma sibambisisa ithemba lethu lokuqala kuze kube sekupheleni.

15 Uma kuthiwa: Namuhla, uma nilizwa izwi lakhe, ningazenzi lukhuni izinhliziyo zenu njengasekucunuleni,

16 pho-ke, yibaphi abezwayo bacunula na? Akusibo bonke abaphuma eGibithe ngoMose na?

17 Yibaphi-ke anengwa yibo iminyaka engamashumi amane na? Kwakungesibo abonayo, abazidumbu zabo zawa ehlane na?

18 Yibaphi afunga kubo ngokuthi abayikungena ekuphumuleni kwakhe, uma kungesibo abangalalelanga na?

19 Siyabona-ke ukuthi babengenakungena ngenxa yokungakholwa kwabo.

## KumaHeberu 4

### Mababambisise ezwini levangeli, baze bathole ukungena ekuphumuleni

1 Ngakho-ke masesabe ukuba, kuthi kusekhona isithembiso sokungena ekuphumuleni kwakhe, kungabikho noyedwa kini obonakala esele emuva.

2 Ngokuba phela nathi sashunyayezwa ivangeli njengabo; kepha izwi abalizwayo alibasizanga bona, lokhu lingahlangananga nabezwayo ngokukholwa.

3 Ngokuba siyangena ekuphumuleni thina esikholwayo njengokusho kwakhe ukuthi: Kanjalo ngafunga ekuthukutheleni kwami, ngathi: Abayikungena ekuphumuleni kwami, nakuba imisebenzi yayenziwa kwasekusekelweni kwezwe.

4 Ngokuba ushilo endaweni ethile ngosuku lwesikhombisa ukuthi: UNkulunkulu waphumula ngosuku lwesikhombisa emisebenzini yakhe yonke,

5 nakule ndawo uthi futhi: Abayikungena ekuphumuleni kwami.

6 Ngakho-ke lokhu kusasele ukuba abanye bangene kukho, nalabo abashunyayezwa kuqala ivangeli bengangenanga ngokungalaleli,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 uyanquma futhi usuku oluthile oluthiwa Namuhla, esho ngoDavide emva kwesikhathi esingaka njengokushiwo kuqala ukuthi: Namuhla, uma nilizwa izwi lakhe, ningazenzi lukhuni izinhliziyo zenu.

8 Ngokuba uma uJoshuwa wayebaphumuzile, wayengayikukhuluma emva kwalokhu ngolunye usuku.

9 Ngakho-ke kubasalele abantu bakaNkulunkulu ukuphumula kwesabatha.

10 Ngokuba ongenile ekuphumuleni kwakhe yena uphumula emisebenzini yakhe njengoNkulunkulu kweyakhe.

11 Ngakho-ke masikhuthalele ukungena kulokho kuphumula, ukuze kungawi muntu ngaleso siboniso sokungalaleli.

### Izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla

12 Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika nhlangothi zombili, lihlaba kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalungu nomnkantsha, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo;

13 futhi akukho nto edaliweyo engabonakali phambi kwakhe, kepha konke kwambuliwe kusobala emehlweni akhe esiyakuzilanda kuye.

### SinomPristi omkhulu ongasisiza

14 Ngakho-ke lokhu sinomPristi omkhulu kakhulu odabulile amazulu, uJesu iNdodana kaNkulunkulu, masibambelele kuso isivumo sethu.

15 Ngokuba asinaye umPristi omkhulu ongenakuzwelana nobuthakathaka bethu, kepha olingiwe kukho konke njengathi, engenasono.

16 Ngakho-ke masisondele ngesibindi esihlalweni somusa ukuba samukeliswe isihawu, sifumane umusa wokusiza ngesikhathi esifaneleyo.

## KumaHeberu 5

### Umpristi omkhulu ufanele abe ngumuntu obiziwe nguNkulunkulu

1 Ngokuba yilowo nalowo mpristi omkhulu okhethwa kubantu umiselwa abantu kokukaNkulunkulu, ukuze anikele izipho nemihlatshelo ngenxa yezono;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

2 angabekezelela abangazi lutho nabadukayo, lokhu naye uzungeziwe ngubuthakathaka;

3 ngenxa yabo kufanele ukuba, njengalokhu enikela ngezono zabantu, anikele kanjalo nangezakhe.

4Akukho muntu ozithathela leso sikhundla, kuphela obizelwa kuso nguNkulunkulu njengo-Aroni.

### UKristu ungumpristi obiziweyo

5 Kanjalo noKristu akazidumisanga yena aze abe ngumpristi omkhulu, kepha wadunyiswa nguye owakhuluma kuye, wathi: UyiNdodana yami wena, namuhla ngikuzele,

6 njengokuba esho nakwenye indawo ngokuthi: Wena ungumpristi kuze kube phakade ngokokuma kukaMelkisedeki,

7 owathi esenikele emihleni yenyama yakhe ngemikhuleko, nokunxusa, nokudazuluka okukhulu, nezinyembezi kuyena onamandla okumsindisa ekufeni, wezwiwa ngenxa yokumesaba uNkulunkulu.

8 Noma eyiNdodana, wafunda ukulalela ngalokho ahlupheka ngakho;

9esephelelisiwe waba yisisusa sokusindiswa okuphakade kubo bonke abamlalelayo,

10ebizwa nguNkulunkulu ukuthi umpristi omkhulu ngokokuma kukaMelkisedeki.

### Basengabantwana ekukholweni

11Sinokuningi esingakusho ngalokho, okulukhuni ukuchasisela, lokhu senaba buthuntu ekuzweni.

12 Ngokuba noma benifanele ukuba nibe ngabafundisi, uma kuya ngesikhathi, nisadinga futhi ukuba kube khona onifundisa iziqalo zezifundiso zamazwi kaNkulunkulu; senaba ngabadinga ubisi, kungesikho ukudla okuqinileyo.

13 Ngokuba lowo odla ubisi akakaqondi lutho lwezwi lokulunga, ngokuba uyingane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Kepha ukudla okuqinileyo kungokwabakhulileyo, abathi ngokujwayela ukuwusebenzisa umqondo, sebenawo osulungele ukwahlukanisa okuhle nokubi.

## KumaHeberu 6

### Kuhle baqhubeke ekwazini kokukholwa; ukusilela kulokho kunengozi

1 Ngakho-ke masidlule esifundisweni sokuqala ngoKristu, siqhubekele kokupheleleyo, singabuyi sibeke isisekelo sokuphenduka emisebenzini efileyo, nokukholwa nguNkulunkulu,

2 nesifundiso sombhapathizo nokubeka izandla, nokuvuka kwabafileyo nokwahlulelwa okuphakade.

3 Siyakukwenza lokho, uma uNkulunkulu evuma.

4 Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa banambitha isiphiwo sasezulwini, benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele,

5 banambitha izwi elihle likaNkulunkulu namandla ezwe elizayo,

6 babuye bahlubuka -- akunakwenzeka ukuba babuye bavuswe, baphenduke, lokhu sebezibethelela iNdodana kaNkulunkulu, bayithela ngehlazo obala.

7 Ngokuba umhlabathi, ophuze imvula efika kaningi phezu kwawo, umilisa imifino ebasizayo abawulinyelwayo, uyabusiswa nguNkulunkulu;

8 kepha uma uveza ameva nekhakhasi, uyaleka, useduze nokuqalekiswa, ukuphela kwawo ngukushiswa.

9 Kepha siyethemba ngani bathandekayo okuhle kunalokho, ngisho okuqondene nokusindiswa, noma sikhuluma kanje.

10 Ngokuba uNkulunkulu kasiye ongalungile ukuba akhohlwe umsebenzi wenu nothando enalubonakalisa ngakulo igama lakhe, lokhu nibakhonzile abangcwele, nisabakhonza.

### Mabafane nawokhokho ababambelela esithenjisweni

11 Kepha sinxanela ukuba yilowo nalowo kini abonakalise lokho kukhuthalela, lize liphelele ithemba kuze kube sekupheleni,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

12 ukuba ningabi buthuntu, kodwa nibalingise labo abadla ifa lesithembiso ngokukholwa nangokubekezela.

13 Ngokuba lapho uNkulunkulu wamthembisa u-Abrahama, wazifunga yena, lokhu kungekho omkhulu kunaye angamfunga,

14 wathi: Impela ngiyakukubusisa nokukubusisa, ngiyakukwandisa nokukwandisa,

15 kanjalo kwathi esebekezele, wakuzuza okwathenjiswayo.

16 Ngokuba abantu bafunga omkhulu kunabo; kubona isifungo siyaqeda ukuphikisana konke, siqinise.

17 Kulokhu-ke uNkulunkulu, ethanda kakhulu impela ukubonisa izindlalifa zesithembiso ukungaguquleki kwecebo lakhe, walamula ngesifungo,

18 ukuze ngezinto ezimbili ezingeguquleke, uNkulunkulu angeqambe amanga ngazo, sibe nenduduzo enamandla thina esibalekele ekulibambeni ithemba esilimiselweyo,

19 esinalo njengehange lomphefumulo, liqinile, ligxilile, lingena kokungaphakathi kwesihenqo,

20 lapho uJesu eyisigijimi sokusandulela wangena khona, esewaba ngumpristi omkhulu kuze kube phakade ngokokuma kukaMelkisedeki.

## KumaHeberu 7

### UKristu ongumpristi omkhulu ngokukaMelkisedeki

1 Ngokuba uMelkisedeki lo, inkosi yaseSalema, umpristi kaNkulunkulu oPhezukonke, owahlangabeza u-Abrahama mhla ebuya ekubulaleni amakhosi, wambusisa;

2 u-Abrahama wamabela okweshumi kukho konke yena ogama lakhe lithi kuqala ukuhunyushwa kwalo inkosi yokulunga, bese kuba yinkosi yaseSalema, okungukuthi inkosi yokuthula,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3engenayise, engenanina, engenaluzalo, engenakuqala kwezinsuku nakuphela kokuphila, kepha efaniswe neNdodana kaNkulunkulu, uhlala engumpristi njalonjalo.

4Qondani-ke ukuthi ungakanani yena owanikwa okweshumi kwempango ngu-Abrahama ukhokho.

5 Nalabo bamadodana kaLevi abamukeliswa ubupristi banomyalo wokuthatha okweshumi kubantu ngokomthetho, okungukuthi kubafowabo, ingani baphume okhalweni luka-Abrahama;

6kepha yena ongabalwa ozalweni lwabo uthathile okweshumi ku-Abrahama, wambusisa lowo onezithembiso.

7Kepha akunakuphikwa ukuthi omncinyane ubusiswa ngomkhulu.

8Lapha-ke abantu abafayo bamukeliswa okweshumi, kepha lapho ngofakazelwa ukuthi uyaphila.

9Futhi kungathiwa noLevi owamukela okweshumi watheliswa okweshumi ngaye u-Abrahama,

10ngokuba wayesesokhalweni lukayise mzukwana uMelkisedeki emhlangabeza.

11 Uma-ke kwakukhona ukuphelela ngobupristi bukaLevi ngokuba isizwe samiselwa bona ngomthetho -- kwakusaswelekelani ukuba kuvele omunye umpristi ngokukaMelkisedeki engabizwa ngokokuma kuka-Aroni na?

12Ngokuba uma ubupristi buguquliwe, kuyadingeka ukuba kuguqulwe nomthetho.

13Kepha lowo okushiwo lokho ngaye ungowesinye isizwe okungabanga bikho kuso umuntu owake wakhonza e-altare.

14Ngokuba kusobala ukuthi iNkosi yethu ivele kuJuda, isizwe uMose angakhulumanga lutho ngaso ngobupristi.

15Ikakhulu kusobala lokho, uma kumiswa omunye umpristi ofana noMelkisedeki,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16ongamiswanga ngomthetho womyalo wenyama kodwa ngamandla okuphila
okungabhubhiyo.

17 Ngokuba kufakazwa ngaye ukuthi: Wena ungumpristi kuze kube phakade
ngokokuma kukaMelkisedeki.

18 Ngokuba umthetho wokuqala uyachithwa ngenxa yobuthakathaka bawo
nokungasizi kwawo,

19 lokhu umthetho awuphelelisanga lutho, kepha sekungeniswa ithemba
elingcono, esisondela ngalo kuNkulunkulu.

20Futhi ngalokho ukuthi akubanga ngaphandle kokufunga -- ngokuba labo
kambe babekwa babe ngabapristi ngaphandle kokufunga,

21kepha yena wabekwa ngokufunga nguye owasho kuye ukuthi: INkosi
yafunga, ayiyikuzisola, yathi: Wena ungumpristi kuze kube phakade.

22 Ngokungakho-ke uJesu waba yisiboniso sesivumelwano esingcono.

23Kulabo-ke baba baningi ababekwa babe ngabapristi, ngokuba bathiyeka
ngenxa yokufa ukuba baqhube njalo;

24 kepha yena, ngenxa yokuba ehlala phakade, unobupristi
obungenakuguquka;

25 ngakho-ke unamandla okusindisa ngokupheleleyo abeza kuNkulunkulu
ngaye, lokhu ephilela njalo ukubamela.

26 Ngokuba umpristi omkhulu onjalo usifanele thina, ongcwele, ongenacala,
ongenabala, owahlukanisiwe nezoni, owenziwa aphakame phezu kwamazulu,

27 ongadingi imihla ngemihla njengalabo bapristi abakhulu ukunikela
ngemihlatshelo ngenxa yezakhe izono kuqala nangasemuva ngenxa
yezabantu; ngokuba wenza lokho kanye mhla ezinikela yena.

28 Ngokuba umthetho umisa abantu babe ngabapristi abakhulu
abanobuthakathaka, kepha izwi lesifungo elalandela umthetho limisa
iNdodana ephelelisiwe kuze kube phakade.

## KumaHeberu 8

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### UKristu usenguye umpristi omkhulu nasezulwini

1 Kepha okuyindikimba kwesikushoyo yilokhu: sinompristi omkhulu onjalo osewahlala ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi soMkhulu emazulwini,

2 isikhonzi sokungcwele nesetabernakele lempela elamiswa yiNkosi kungemuntu.

3 Ngokuba yilowo nalowo mpristi omkhulu umiselwa ukunikela ngeminikelo nemihlatshelo; ngakho-ke kuyadingeka ukuba naye lo abe nakho okuthile kokunikela.

4 Ngokuba uma ebesemhlabeni, ubengayikuba ngumpristi nakanye, ngokuba bakhona abapristi abanikela ngeminikelo ngomthetho,

5 bekhonza okungumfanekiso nesithunzi sokwasezulwini, njengokuba uMose wayalwa esezakwenza itabernakele ngokuthi: Bheka, wokwenza konke ngesifanekiso owaboniswa sona entabeni,

6 kepha kalokhu unikiwe inkonzo enhle kakhulu, njengalokhu engumlamuleli wesivumelwano esihle kakhulu, esimisiwe ngokwezithembiso ezinhle kakhulu.

### Isivumelwano esisha sikhulu kunesidala

7 Ngokuba uma leso sivumelwano sokuqala besingasoleki, bekungayikufunwa indawo yesibili.

8 Ngokuba lapho ebasolayo, uthi kubo: Bhekani, izinsuku ziyeza, isho iNkosi, lapho ngiyakwenza isivumelwano esisha nendlu ka-Israyeli, nendlu kaJuda,

9 kungenjengesivumelwano engasenzayo nawoyise mhla ngibabamba ngesandla ukubakhipha ezweni laseGibithe, ngokuba abahlalanga esivumelwaneni sami, nami angibanakanga, isho iNkosi.

10 Ngokuba yilesi esiyisivumelwano engiyakusenza nendlu ka-Israyeli emva kwalezo zinsuku, isho iNkosi: ngiyakufaka imithetho yami engqondweni yabo, ngiyilobe ezinhliziyweni zabo, ngibe nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

11 Abasayikufundisa kube yilowo nalowo owakubo, nalowo umfowabo, ngokuthi: Yazi INkosi; ngokuba bonke bayakungazi, kusukela komncane kuze kufike komkhulu wabo.

12Ngokuba ngiyakuba nesihawu ngokungalungi kwabo, nezono zabo angisayikuzikhumbula.

13 Ngokusho lokho ukuthi: Esisha, uthe esokuqala sigugile; kepha okugugayo osekukudala kuseduze nokunyamalala.

## KumaHeberu 9

### Umsebenzi wobupristi wesivumelano esidala

1 Kepha nesivumelwano sokuqala kambe sasinezimiso zenkonzo nendlu engcwele yasezweni.

2 Ngokuba kwakhiwa itabernakele lokuqala okwakukhona kulo uthi lwezibani, netafula, nezinkwa zokubukwa, okuthiwa elingcwele;

3 ngasemva kwesihenqo sesibili kwakukhona itabernakele elithiwa elingcwelengcwele,

4 eline-altare legolide lokuthunqisa nomphongolo wesivumelwano umboziwe ngegolide nxazonke, okwakukhona kuwo isitsha segolide esiphethe imana, nenduku ka-Aroni eyahlumayo, nezibhebhe zesivumelwano;

5phezu kwawo kwakukhona amakherubi enkazimulo engamele isihlalo somusa, okungenakukhulunywa ngakho ngakunye manje.

6 Kepha lezo zinto zilungisiwe ngokunjalo, abapristi bangena njalo etabernakele lokuqala befeza izinkonzo,

7 kodwa kwelesibili kungena umpristi omkhulu yedwa kanye ngomnyaka, kungengaphandle kwegazi anikela ngalo ngenxa yakhe uqobo nangenxa yezono zabantu,

8 uMoya oNgcwele etshengisa lokhu ukuthi ayikabonakaliswa indlela eya endaweni engcwele, lisemi itabernakele lokuqala,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9elona lingumfanekiso kulesi sikhathi samanje, okulethwa ngawo iminikelo nemihlatshelo engenakumenza okhonzayo aphelele maqondana nonembeza,

10 kodwa yona kanye nokudla nokuphuza nokugeza okuyizinhlobonhlobo iyizimiso zenyama kuphela ezibekiweyo, kuze kufike isikhathi sokupheleliswa kwezinto.

### Umsebenzi kaKristu wobupristi obukhulu

11 Kepha lokhu uKristu esefikile, engumpristi omkhulu wezinto ezinhle ezizayo, wadabula itabernakele elikhulu neliphelele kunalelo, elingenziwanga ngezandla, okungukuthi elingesilo lalokhu kudalwa,

12wangena kanye kuphela endaweni engcwele, kungengegazi lezimbuzi nelamathole kepha ngegazi lakhe, ezuzile ukukhululwa okuphakade.

13Ngokuba uma igazi lezimbuzi nelezinkunzi nomlotha wesithole kufafaza abangcolileyo, kuhlambulula kube ngukuhlanzeka kwenyama,

14kakhulu kangakanani igazi likaKristu owazinikela kuNkulunkulu ngoMoya ophakade engenacala lizakuhlanza unembeza wethu emisebenzini efileyo, ukuze sikhonze uNkulunkulu ophilayo.

### UKristu ungumlamuleli wesivumelwano esisha ngegazi lakhe

15 Ngalokho-ke ungumlamuleli wesivumelwano esisha, kuze kuthi ngokufa okungenxa yokukhululwa eziphambekweni zesivumelwano sokuqala ababiziweyo bazuze ifa eliphakade elathenjiswayo.

16Ngokuba lapho kukhona itestamente, kufuneka ukuba kubikwe ukufa kowalenzayo;

17ngokuba itestamente lisebenza sekufiwe, ngokuba alize lingaba namandla esekhona owalenzayo.

18Ngalokho-ke isivumelwano sokuqala asimiswanga ngaphandle kwegazi.

19 Ngokuba isikhulunyiwe imiyalelo yonke ngokomthetho nguMose kubantu bonke, wayesethatha igazi lamathole nelezimbuzi kanye namanzi noboya obubomvu nehisopi, wafafaza incwadi nabantu bonke,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

20 ethi: Lokhu kuyigazi lesivumelwano aniyale ngaso uNkulunkulu.

21 Netabernakele futhi, nezitsha zonke zenkonzo wakufafaza kanjalo ngegazi.

22 Yebo, cishe zonke izinto zihlanjululwa ngegazi ngokomthetho; ngaphandle kokuchitha igazi akukho ukuthethelelwa.

23Njalo-ke kwakudingekile ukuba imifanekiso yokusezulwini ihlanzwe ngalokho, kepha okusezulwini uqobo lwakho kuhlanzwe ngeminikelo emihle kunalena.

24 Ngokuba uKristu kangenanga endaweni engcwele eyenziwe ngezandla, engumfanekiso waleyo okuyiyo ngempela, kepha wangena ezulwini uqobo ukuba manje abonakale ebusweni bukaNkulunkulu ngenxa yethu,

25 kungesikho futhi ukuba azinikele kaningi, njengalokhu umpristi omkhulu engena endaweni engcwele iminyaka ngeminyaka, ephethe igazi elingesilo elakhe;

26uma kwakunjalo wayemelwe ukuhlupheka kaningi selokhu kwasekelwa izwe; kodwa kalokhu ubonakalisiwe kanye ekupheleni kwezikhathi ukuba asuse izono ngokuzinikela kwakhe.

27 Futhi njengalokhu kumiselwe abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwa,

28 kunjalo noKristu, esenikelwe kanye ukuba athwale izono zabaningi, uyakubonakala ngokwesibili ngaphandle kwesono kulabo abamlindeleyo, kube ngukusindiswa.

## KumaHeberu 10

### Inkonzo yobupristi endala nentsha

1 Ngokuba lokhu umthetho unesithunzi sezinto ezinhle ezizayo, ungesiwo umfanekiso wazo uqobo, ungeze waba namandla ngemihlatshelo enikelwa njalonjalo iminyaka ngeminyaka ukubenza baphelele labo abasondelayo;

2uma kwakungenjalo, nga ingayekwanga ukunikelwa na? lokhu phela abakhonzayo sebehlanjululwe kanye babengasayikuba novalo ngezono.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Kodwa kuleyo mihlatshelo kukhona ukukhunjulwa kwezono iminyaka
ngeminyaka;

4 ngokuba akunakwenzeka ukuba igazi lezinkunzi nelezimbuzi lisuse izono.

5 Ngalokho-ke esefika ezweni uthi: Umhlatshelo nomnikelo
awuwuthandanga, kodwa ungilungisele umzimba.

6 Iminikelo yokushiswa nemihlatshelo ngenxa yesono awuyithokozelanga.

7 Ngase ngithi: Bheka, ngiyeza -- emqulwini wencwadi kulotshiwe ngami --
ukuba ngiyenze, Nkulunkulu, intando yakho.

8 Eseshilo ngasenhla ukuthi: Imihlatshelo, neminikelo, neminikelo
yokushiswa, nemihlatshelo ngenxa yezono awuyithandanga,
awuyithokozelanga, eyona ilethwa ngokomthetho,

9 ubuye wathi: Bheka, ngiyeza ukwenza intando yakho. Ususa okokuqala,
ukuze amise okwesibili.

10 Ngaleyo ntando singcwelisiwe ngokunikelwa komzimba kaJesu Kristu
kanye kuphela.

11 Abapristi bonke kambe bemi bekhonza imihla ngemihla, benikela kaningi
ngayona leyo mihlatshelo engasoze yaba namandla okususa izono;

12 kepha yena, esenikele ngomhlatshelo waba munye ngenxa yezono, wahlala
phakade ngakwesokunene sikaNkulunkulu,

13 usalindele izitha zakhe zize zenziwe isenabelo sezinyawo zakhe.

14 Ngokuba ngomnikelo munye uphelelise njalonjalo labo abangcwelisiweyo.

15 Kepha noMoya oNgcwele uyafakaza kithina, ngokuba emva kokusho
kwakhe ukuthi:

16 Yilesi sivumelwano engizakusenza nabo, emva kwalezo zinsuku, isho
iNkosi: Ngiyakufaka imithetho yami ezinhliziyweni zabo, ngiyilobe
engqondweni yabo,

17 nezono zabo nobubi babo angisoze ngakukhumbula futhi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

18Kepha lapho kukhona ukuthethelelwa kwalokho, akusadingeki ukunikela ngenxa yesono.

### Umyalo wokukholwa nokuthembeka

19 Ngakho-ke, bazalwane, njengokuba sinesibindi sokungena endaweni engcwele ngegazi likaJesu

20ngendlela asivulela yona, indlela entsha ephilayo, edabula isihenqo, okungukuthi inyama yakhe,

21sinompristi omkhulu wendlu kaNkulunkulu,

22 masisondele ngenhliziyo eqinisileyo ngokwethemba okupheleleyo kokukholwa, zifafaziwe izinhliziyo zethu kungasekho valo lokubi, umzimba wethu ugeziwe ngamanzi acwebileyo;

23 masibambisise isivumo sethemba lethu singaxegi, ngokuba ukholekile lowo owethembisayo;

24masiqaphelane, ukuze kuvuswe uthando nemisebenzi emihle,

25singakuyeki ukuhlangana kwethu njengomkhuba wabanye, kepha masivuselelane, ikakhulu njengokuba nibona usuku lusondela.

26 Ngokuba uma sona ngamabomu emva kokuba sesamukele ukwazi kweqiniso, akusekho umnikelo ngezono,

27 kepha kuphela ukulindela okwesabekayo ukwahlulelwa nomlilo oshisayo ozakuqeda amaphikankani.

28 Odelele umthetho kaMose uyakufa engahawukelwa ngezwi lawofakazi ababili noma bebathathu;

29 pho, nithi ufanele ukushaywa kangakanani kunalokho lowo onyathele phansi iNdodana kaNkulunkulu, wadelela igazi lesivumelwano angcweliswa ngalo, wahlambalaza uMoya womusa, na?

30 Ngokuba siyamazi owathi: Ngeyami impindiselo, yimina engiyakubuyisela, futhi-ke: INkosi iyakubahlulela abantu bayo.

31Kuyesabeka ukuwela ezandleni zikaNkulunkulu ophilayo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

32 Kepha khumbulani izinsuku zakuqala okwathi ngazo senikhanyisiwe nakhuthazela empini enkulu yezinhlupheko,

33kokunye ngokuba ngumbukwane ngezinhlamba nangezimbandezeko, kokunye ngokuba ngabahlanganyeli nababephathwa kanjalo.

34Ngokuba nazwelana nababoshiweyo, navuma ngokuthokoza ukuphangwa kwempahla yenu, nazi ukuthi nina ninempahla enhle kunaleyo, nemiyo njalo.

35 Ngakho-ke maningalahli isibindi senu esinomvuzo omkhulu.

36Ngokuba nidinga ukubekezela, ukuze seniyenzile intando kaNkulunkulu namukele isithembiso.

37 Ngokuba kuse yisikhashana nje, ozayo uyeza, akayikulibala;

38 kepha olungileyo wami uyakuphila ngokukholwa; kepha uma ehlehla nyovane, umphefumulo wami awunakuthokoza ngaye.

39Kepha thina asisibo abokuhlehlela ekubhujisweni, kodwa singabokukholwa, kuze kube ngukusindiswa komphefumulo.

## KumaHeberu 11

### Amaqhawe enkolo esivumelwaneni esidala

1 Kepha ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.

2Ngokuba okhokho bafakazelwa ngakho.

3 Ngokukholwa siqonda ukuthi izwe lonke ladatshulwa ngezwi likaNkulunkulu, kuze kuthi okubonwayo akuvelanga kokubonwayo.

4 Ngokukholwa u-Abela wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshelo omuhle kunoKayini, athola ngakho ubufakazi bokuthi ulungile, uNkulunkulu uqobo efakaza ngezipho zakhe; nangakho usakhuluma, noma efile.

5 Ngokukholwa u-Enoke wathathwa, ukuze angaboni ukufa, akabe esafunyanwa, ngokuba uNkulunkulu wayemthabathile. Ngokuba engakathathwa ufakazelwe ukuthi wayethokozisa uNkulunkulu;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

6kepha-ke ngaphandle kokukholwa akwenzeki ukumthokozisa; ngokuba ozayo kuNkulunkulu umelwe ukukholwa ukuthi ukhona nokuthi ungumvuzi walabo abamfunayo.

7 Ngokukholwa uNowa exwayisiwe ngezinto ebezingakabonwa, esaba uNkulunkulu, wakha umkhumbi wokusindisa indlu yakhe, okungakho walahla izwe, waba yindlalifa yokulunga okuvela ngokukholwa.

8 Ngokukholwa u-Abrahama walalela ebizwa ukuba aphume aye endaweni abezakuyamukeliswa ibe yifa lakhe; waphuma engazi lapho eya khona.

9Ngokukholwa waba ngumfokazi ezweni lesithembiso kwangathi ngelezizwe, ehlala ematendeni, beno-Isaka noJakobe, beyizindlalifa kanye naye zaleso sithembiso,

10 ngokuba wayebheke umuzi onezisekelo, omakhi nomenzi wawo nguNkulunkulu.

11 Ngokukholwa naye uSara uqobo wathola amandla okukhulelwa esedlulelwe yisikhathi, ngokuba wathi ukholekile owethembisayo.

12Ngakho-ke kwavela koyedwa, yena enjengosewafa, abangangezinkanyezi zezulu ngobuningi, bengangesihlabathi esisogwini lolwandle esingenakubalwa.

13 Bonke laba bafa bekholiwe, bengazamukeliswanga izithembiso, kepha bezibonile, bezithakazele zikude, bevumile ukuthi bangabafokazi nezihambi emhlabeni.

14Ngokuba abasho kanjalo babonakalisa ukuthi bafuna izwe lakubo.

15Uma kambe bebecabanga ngalelo ababephuma kulo, bebeyakuba nethuba lokubuyela kulo;

16 kepha manje balangazelela elihle kunalelo, okungukuthi elasezulwini. Ngalokho uNkulunkulu akanamahloni ngabo ukuba abizwe ngokuthi uNkulunkulu wabo, ngokuba ubalungisele umuzi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17 Ngokukholwa u-Abrahama evivinywa wanikela ngo-Isaka, yebo, yena owayamukele izithembiso, wanikela ngozelwe yedwa wakhe,

18okwathiwa kuye: Inzalo yakho iyakubizwa ngo-Isaka,

19ethi uNkulunkulu unamandla okuvusa nakwabafileyo; ngokulinganisa wabuye wamthola futhi evela khona.

20 Ngokukholwa u-Isaka wabusisa oJakobe no-Esawu ngezinto ebezizakuza.

21 Ngokukholwa uJakobe esezakufa wabusisa leyo naleyo yamadodana kaJosefa, wakhuleka encikile esihlokweni sodondolo lwakhe.

22 Ngokukholwa uJosefa esezakufa wakhuluma ngokuphuma kwabantwana bakwa-Israyeli, wayaleza ngamathambo akhe.

23 Ngokukholwa uMose esezelwe wafihlwa ngabazali bakhe izinyanga ezintathu, ngokuba bembona engumntwana omuhle; abawesabanga umyalo wenkosi.

24 Ngokukholwa uMose esekhulile wala ukubizwa ngokuthi indodana yendodakazi kaFaro;

25 kunalokho wakhetha ukuphathwa kabi kanye nabantu bakaNkulunkulu kunokuba athokoze isikhashana esonweni,

26ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyimfuyo enkulu kunengcebo yaseGibithe, ngokuba wayebheke umvuzo.

27 Ngokukholwa washiya iGibithe engesabi ulaka lwenkosi; ngokuba wakhuthazela sengathi uyambona ongabonwayo.

28 Ngokukholwa wamisa iPhasika nokufafaza ngegazi, ukuze umbhubhisi angathinti amazibulo abo.

29 Ngokukholwa badabula uLwandle Olubomvu kungathi kusemhlabathini owomileyo, okwathi abaseGibithe bekulinga lokho, baminza.

30 Ngokukholwa izingange zaseJeriko zawa, sezizungeziwe izinsuku eziyisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

31 Ngokukholwa, uRahabi isifebe, akabhubhanga kanye nabangalalelanga,
esezamukele izinhloli ngokuthula.

32 Ngisezakuthini futhi na? Isikhathi kambe sizakungishiya, uma ngibalisa
ngoGideyoni, noBaraki, noSamsoni, noJefta, noDavide, noSamuweli
nabaprofethi,

33 abathi ngokukholwa banqoba imibuso, basebenza ukulunga, bazuza
izithembiso, bavimba imilomo yezingonyama,

34 bacima amandla omlilo, baphepha osikweni lwenkemba, baphiwa amandla
ebuthakathakeni, baba yiziqhwaga empini, baxosha izimpi zabezizwe.

35 Abesifazane bamukeliswa abafileyo babo bevusiwe; abanye bahlushwa,
kabavuma ukukhululwa, ukuze bathole ukuvuka okuhle;

36 abanye balingwa ngokujivazwa nokushaywa, yebo, nokuboshwa
nokufakwa etilongweni;

37 bakhandwa ngamatshe, banqunywa ngesaha, balingwa, babulawa
ngenkemba, bazulazula bembethe izikhumba zezimvu nezezimbuzi, beswela,
behlushwa, bephathwa kabi,

38 izwe elingabafanele bona, behamba emahlane, nasezintabeni,
nasemihumeni, nasemigedeni yomhlaba.

39Labo bonke, befakazelwe ngokukholwa, abazuzanga isithembiso,

40ngokuba uNkulunkulu wayesibonele okuhle kunalokho, ukuze
bangapheleliswa ngaphandle kwethu.

## KumaHeberu 12

### Ukubekezela ezinhluphekweni

1 Ngalokho-ke nathi, lokhu sinefu elingaka lawofakazi elisihaqileyo,
masilahle konke okusindayo nesono esithandela kangaka kithi, sigijime
ngokubekezela kulokhu kuncintisana esikumiselweyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[2] sibhekile kuJesu, umqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu, owathi
esikhundleni sentokozo ayibekelweyo wathwala isiphambano engalinaki
ihlazo, wahlala ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu.

[3] Yebo, mqondeni yena owakhuthazela ephikwa kangaka yizoni, ukuze
ningakhathali, niphele amandla emiphefumulweni yenu.

[4]Anikamelani nezono nilwa kuze kube segazini;

[5] senikhohliwe umyalo okhuluma kinina njengakubantwana wokuthi:
Ndodana yami, ungadeleli ukulaya kweNkosi, uphele amandla, nxa usolwa
yiyo,

[6]ngokuba iNkosi iyamlaya emthandayo ishaye yileyo naleyo ndodana
eyamukelayo.

[7]Bekezelani ekulayweni; uNkulunkulu uyaniphathisa okwabantwana,
ngokuba yiyiphi indodana engalaywa nguyise na?

[8]Kepha uma ningalaywa, abathe bonke benziwa abahlanganyeli kukho,
khona-ke ningabesihlahla, anisiwo amadodana.

[9] Futhi-ke sasinawobaba bethu benyama abasilayayo, sabazisa; pho,
asiyikuthobela uYise wawomoya kakhulu kunalokho, siphile, na?

[10]Ngokuba bona kambe basilaya izinsukwana njengokubona kwabo, kepha
yena kube yinsizakalo, size sithole ukuhlanganyela ubungcwele bakhe.

[11] Ukulaya konke okwamanje kungathi akusikho okwentokozo, kepha
kungokosizi, kodwa ngasemuva kuyabathelela isithelo esihle sokulunga labo
abahlakahliswe yikho.

**Qinisani izandla ezibuthakathaka namadolo axegayo**

[12] Ngakho-ke qinisani izandla ezibuthakathaka namadolo axegayo,

[13] nenzele izinyawo zenu izindlela eziqondileyo ukuba okuqhugayo
kungaphinyizeki, kepha kunalokho kuphulukiswe.

[14] Zamelani ukuthula nabo bonke kanye nokungcweliswa, ongenakho
angeyibone iNkosi;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 niqaphelisise kungabikho osilelayo emseni kaNkulunkulu, funa kumile impande imbe ebabayo, inixobise, kungcoliswe abaningi yiyo,

16 kungabikho oyisifebe noma odumazayo njengo-Esawu owathengisa ubuzibulo bakhe ngesidlo sinye nje.

17 Ngokuba niyazi ukuthi, nokuba ngasemuva ethanda ukudla ifa lesibusiso, waliwa, ngokuba akalitholanga ithuba lokuphenduka, noma ekufunisisa ngezinyembezi.

18 Ngokuba anizanga entabeni ephathekayo nesha umlilo, nasekufiphaleni, nasebumnyameni, nasesivunguvungwini,

19nasekukhaleni kwecilongo, nasekuzwakaleni kwamazwi, abathe ukukuzwa, bancenga ukuba kungabe kusakhulunywa izwi kubo,

20ngokuba babengenakukuthwala lokho abayalwa ngakho kokuthi: Ngisho nesilwane, uma sithinta intaba, siyakukhandwa ngamatshe,

21 yebo, umbono wesabeka kangaka, waze wathi uMose: Nginovalo olukhulu, ngiyathuthumela,

22 kodwa nize entabeni yaseSiyoni nasemzini kaNkulunkulu ophilayo, iJerusalema lasezulwini, nasezigidigidini zezingelosi,

23 nasebandleni lamazibulo abhaliwe ezulwini, nakuNkulunkulu, uMahluleli wabo bonke, nakuyo imimoya yabalungileyo abaphelelisiweyo,

24 nakuJesu, umlamuleli wesivumelwano esisha, nasegazini lokufafaza elikhuluma okukhulu kunelika-Abela.

25 Bhekani, ningamali okhulumayo; ngokuba uma bengaphunyukanga labo ababemala lowo owabaxwayisa emhlabeni, kakhulu asiyikuphunyuka thina esimfulathelayo oxwayisa esezulwini,

26 ozwi lakhe lanyakazisa umhlaba ngaleso sikhathi, kepha manje uthembisile wathi: Kusezakuba kanye ngizamazamise kungabi ngumhlaba wodwa, kepha nezulu futhi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

27 Lokho kokuthi: Kusezakuba kanye kutshengisa ukuguqulwa kwezinto ezinyakaziswayo, njengokuba zenziwe, ukuze lezo ezinganyakaziswayo zime.

28 Ngakho-ke lokhu samukeliswa umbuso ongenakunyakaziswa, masibonge ngesingamkhonza ngakho uNkulunkulu ngokumthokozisa, nangokumhlonipha, nangokuthuthumela,

29 ngokuba uNkulunkulu wethu ungumlilo oqothulayo.

## KumaHeberu 13

### Imiyalo eyizinhlobonhlobo

1 Malume njalo uthando lobuzalwane.

2 Ningakhohlwa ukungenisa izihambi ngokuba ngalokho abanye bangenisa izingelosi bengazi.

3 Bakhumbuleni ababoshiweyo kungathi niboshiwe kanye nabo, nabaphethwe kabi, njengalokhu nani nisemzimbeni.

4 Ukuganana makuhlonishwe yibo bonke, umbhede ungabi nasisihla, ngokuba izifebe neziphingi uNkulunkulu uyakuzahlulela.

5 Ukwenza kwenu makungabi ngokokufisa imali; yaneliswani ngeninakho; ngokuba yena ushilo wathi: Angisoze ngakuyeka, angisoze ngakushiya,

6 ukuze sisho ngesibindi, sithi: INkosi ingumsizi wami, angiyikwesaba; umuntu angangenzani na?

7 Bakhumbuleni ababenihola bekhuluma izwi likaNkulunkulu kini, niqonda ukuphela kokuhamba kwabo, nilingise ukukholwa kwabo.

8 UJesu Kristu nguyena izolo nanamuhla, yebo, naphakade.

9 Ningadukiswa yizifundiso eziyizinhlobonhlobo nezingaziwayo; ngokuba kuhle ukuba inhliziyo iqiniswe ngomusa, kungabi ngokudla, abangasizakalanga ngakho abahamba ngakho.

10 Sine-altare thina, abangenalungelo lokudla kulo abakhonza etabernakele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 Ngokuba izidumbu zalezo zilwane ezigazi lazo lingeniswa ngumpristi omkhulu endaweni engcwele ngenxa yezono zishiswa ngaphandle kwekamu.

12 Ngakho-ke naye uJesu, ukuze angcwelise abantu ngegazi lakhe, wahlupheka ngaphandle kwesango.

13 Masiphumele kuye ngaphandle kwekamu, sithwale ihlazo lakhe.

14 Ngokuba lapha asinamuzi omiyo, kepha siyawufuna ozayo.

15 Masinikele njalonjalo kuNkulunkulu ngaye umhlatshelo wokubonga, okungukuthi isithelo sezindebe ezivuma igama lakhe.

16 Kepha maningakhohlwa ukwenza okuhle nokuphana, ngokuba iminikelo enjalo uNkulunkulu uthokoziswa yiyo.

17 Lalelani abaniholayo, nibathobele, ngokuba balinda imiphefumulo yenu njengabazakulandiswa ngayo, ukuze bakwenze lokhu ngokujabula, bangabubuli, ngokuba lokhu akunakunisiza.

### Isigcino

18 Sikhulekeleni, ngokuba siyethemba ukuthi sinonembeza omuhle, sithanda ukuhamba kahle ezintweni zonke.

19 Ngiyaniyala kakhulu ukuba nenze lokho, ukuze ngibuyiselwe kini masinyane.

20 Kepha uNkulunkulu wokuthula owakhuphula kwabafileyo umalusi omkhulu wezimvu ngegazi lesivumelwano esimiyo njalo, iNkosi yethu uJesu,

21 makaniphelelise kukho konke okuhle, ukuze nenze intando yakhe, esebenza phakathi kwethu khona lokho okuthokozisayo emehlweni akhe ngoJesu Kristu; makube kuye inkazimulo kuze kube phakade naphakade. Amen.

22 Ngiyaniyala, bazalwane, lamukeleni kahle izwi lokuyala, ngokuba nginilobele ngokufushane.

23 Yazini ukuthi umfowethu uThimothewu ukhululiwe; uma efika masinyane, ngiyakunibona sinaye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24Khonzani kubo bonke abaniholayo nakubo bonke abangcwele. Abase-Italiya
bayakhonza kini.

25Umusa mawube nani nonke. Amen.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# EkaJakobe

## EkaJakobe 1

### Isibingelelo

1 UJakobe, inceku kaNkulunkulu neyeNkosi uJesu Kristu, uyakhonza kuzo izizwe eziyishumi nambili ezihlakazekileyo.

### Ukuyala ngezilingo

2 Bazalwane bami, nxa nehlelwa yizilingo ngezilingo, anothi kungukuthokoza kodwa,

3 nazi ukuthi ukuvivinywa kokukholwa kwenu kuveza ukukhuthazela.

4 Kepha ukukhuthazela makube nomsebenzi opheleleyo, ukuze nibe ngabapheleleyo nabangenacala abangasweli lutho.

5 Uma-ke kukhona kini oswela ukuhlakanipha, makacele kuNkulunkulu obapha bonke ngobuhle engajakadi, khona uyakuphiwa.

6 Kepha makacele ngokukholwa engangabazi ngalutho; ngokuba ongabazayo unjengedlambi lolwandle eliqhutshwa, ligujiswa ngumoya.

7 Ngakho makangasho lowo muntu ukuthi uyakwamukeliswa utho yiNkosi,

8 umuntu onhliziyombili oguquguqukayo ezindleleni zakhe zonke.

9 Umzalwane ophansi makazincome ngokuphakama kwakhe,

10 kepha oyisicebi makazincome ngobuphansi bakhe, ngokuba njengembali yotshani uyakudlula.

11 Ngokuba ilanga liphuma libalele, libunisa utshani, imbali yabo iwele phansi, nobuhle besimo sabo bunyamalale; kanjalo nesicebi siyakudlula ezindleleni zaso.

12 Ubusisiwe umuntu okhuthazela ekulingweni; ngokuba esevivinyekile uyakwamukeliswa umqhele wokuphila othenjisiwe yiNkosi kwabayithandayo.

13 Umuntu oyengwayo makangasho ukuthi: Ngiyengwa nguNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu angeyengwe ngokubi, naye uqobo akayengi muntu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

14 Kepha yilowo nalowo uyengwa ehuhwa ngezakhe izinkanuko, ehungwa;

15 uma inkanuko isithathile, ibeletha isono; nesono sesiphelelisiwe, sizala ukufa.

16Ningadukiswa, bazalwane bami abathandekayo.

17 Izipho zonke ezinhle neziphiwo zonke ezipheleleyo zivela phezulu, zehla kuYise wokukhanya okungekho kuye ukuguquka nasithunzi sokuphenduka.

18Ngokuthanda kwakhe wasizala ngezwi leqiniso, ukuze sibe ngabokuqala bezidalwa zakhe.

### Ukuyala ngokukholwa okunezenzo

19 Niyakwazi lokho, bazalwane bami abathandekayo. Yilowo nalowo muntu makasheshe ukuzwa, aphuze ukukhuluma, aphuze ukuthukuthela;

20ngokuba ulaka lomuntu alusebenzi ukulunga kukaNkulunkulu.

21Ngakho lahlani yonke insila nokubi okuvamileyo, namukele ngomoya omnene izwi elitshaliweyo elinamandla okusindisa imiphefumulo yenu.

22 Yibani ngabalenzayo izwi, ningabi ngabalizwayo kuphela, nizikhohlisa.

23 Ngokuba uma umuntu engolizwayo izwi engesiye olenzayo, lowo ufana nomuntu obuka ubuso bakhe bemvelo esibukweni;

24ngokuba uyazibuka, amuke, akhohlwe masinyane ukuthi wayengonjani.

25 Kepha obukisisa emthethweni opheleleyo wenkululeko nohlala kuwo, engesiye ozwayo nje akhohlwe, kodwa engowenzayo asebenze, lowo uzakuba ngobusisiweyo ekwenzeni kwakhe.

26 Uma umuntu esho ukuthi uyikholwa, engabophi ulimi lwakhe kungathi ngetomu kodwa ekhohlisa inhliziyo yakhe, ukukhonza kwalowo kuyize.

27 Ukukhonza okumhlophe okungenabala phambi kukaNkulunkulu uBaba yilokhu ukuhambela izintandane nabafelokazi osizini lwabo nokuzigcina kungabi yicala lokwezwe.

## EkaJakobe 2

### Abazalwane mabangakhethi abantu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Bazalwane bami, ukukholwa kwenu yiNkosi yethu yenkazimulo uJesu Kristu makungabi nokukhetha abantu.

2Ngokuba uma kungena esinagogeni lenu umuntu onendandatho yegolide nezingubo ezicwebezelayo, kungene nompofu onezingubo ezimbi,

3nimbheke ogqokile izingubo ezicwebezelayo, nithi: Hlala lapha wena kulendawo enhle, besenithi kompofu: Yima lapho wena, noma: Hlala phansi kwesenabelo sezinyawo zami,

4anikhethi yini, nibe ngabahluleli abanezizindlo ezimbi na?

5 Yizwani, bazalwane bami abathandekayo. UNkulunkulu akakhethanga yini abampofu ezweni babe ngabacebileyo ekukholweni nezindlalifa zombuso awuthembisa bona abamthandayo na?

6 Kepha nina namdumaza ompofu. Abacebileyo abanicindezeli yini, abanihuduleli emacaleni na?

7Abahlambalazi igama elihle enibizwa ngalo na?

8 Kepha uma nigcina umthetho wobukhosi ngokombhalo wokuthi: Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena, nenza kahle;

9 kodwa uma nikhetha abantu, nenza isono, nilahlwa ngumthetho njengabaweqayo.

10 Ngokuba ogcina wonke umthetho kepha akhubeke kowodwa, unecala kuyo yonke.

11 Ngokuba yena owathi: Ungaphingi, wathi futhi: Ungabulali, uma-ke ungaphingi kepha ubulale, ungoweqa umthetho.

12 Khulumani kanjalo, nenze kanjalo njengokufanele abayakwahlulelwa ngomthetho wenkululeko.

13 Ngokuba ukwahlulelwa okungenasihawu kuyakumehlela ongenzi isihawu; isihawu sizigabisa ekwahlulelweni.

**Ukukholwa kufanele kube nezenzo**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

14 Kusizani, bazalwane bami, uma umuntu ethi unokukholwa, kepha engenayo imisebenzi na? Ukukholwa kungamsindisa na?

15 Uma umzalwane noma umzalwanekazi behamba ze, beswela ukudla kwemihla ngemihla,

16 kusho omunye kini kubo ukuthi: Hambani nibe nokuthula, nifudumale; nisuthe, kepha ningababaphi lokho okudingwa ngumzimba, lokhu kusizani na?

17Kanjalo-ke nokukholwa, uma kungenayo imisebenzi, kufile ngokwakho.

18Kepha omunye uyakuthi: Wena unokukholwa, mina nginemisebenzi, ngibonise ukukholwa kwakho ngaphandle kwemisebenzi, nami ngizakukukhombisa ukukholwa ngemisebenzi yami.

19 Wena uyakholwa ukuthi uNkulunkulu munye na? Wenza kahle; namademoni ayakholwa, athuthumele.

20Kepha wena muntu ongelutho uyathanda ukuqonda ukuthi ukukholwa ngaphandle kwemisebenzi kuyize na?

21 U-Abrahama ubaba wayengalungisiswa yini ngemisebenzi enikela ngendodana yakhe u-Isaka e-altare na?

22Uyabona ukuthi ukukholwa kwasebenza kanye nemisebenzi yakhe nokuthi ukukholwa kwapheleliswa ngemisebenzi,

23kwagcwaliseka umbhalo othi: Kepha u-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga, wabizwa ngokuthi umhlobo kaNkulunkulu.

24 Niyabona ukuthi umuntu uyalungisiswa ngemisebenzi, kungengokukholwa kuphela.

25 Kanjalo-ke noRahabi isifebe wayengalungisiswa ngemisebenzi yini, ezamukele izithunywa eziphumisa ngenye indlela na?

26Ngokuba njengalokhu umzimba ngaphandle komoya ufile, kanjalo nokukholwa ngaphandle kwemisebenzi kufile.

## EkaJakobe 3

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## Izono zolimi

1 Ningabi ngabafundisi abaningi, bazalwane bami, nazi ukuthi siyakwamukeliswa ukwahlulelwa okukhulu.

2 Ngokuba sonke siyakhubeka ngokuningi; uma umuntu engakhubeki ngazwi, lowo uyindoda epheleleyo enamandla okubamba nomzimba wonke kungathi ngetomu.

3 Uma-ke sifaka amatomu emilonyeni yamahashi ukuba asilalele, siqondisa nomzimba wonke wawo.

4 Bhekani nemikhumbi, ingaka nje, iqhutshwa yimimoya enamandla, iqondiswa ngephini elincinyane, lapho umshayeli efuna ukuyiqondisa khona.

5 Lunjalo nolimi; luyisitho esincane, kanti luyazigabisa kakhulu. Bhekani umlilo omncane uvuthisa ihlathi elingaka;

6 nolimi lungumlilo, ulimi lumi luyizwe lokungalungi phakathi kwezitho zethu, lungcolisa umzimba wonke, luthungela ukuphila konke, luthungelwa yisihogo.

7 Ngokuba yonke imvelo yezilwane, neyezinyoni, neyezikhasayo, neyeziselwandle iyathanjiswa, yebo, yathanjiswa ngemvelo yabantu;

8 kepha ulimi akakho kubantu onamandla okuluthambisa; lungububi obuyaluzayo, lugcwele isihlungu esibulalayo.

9 Ngalo sibonga iNkosi uBaba, nangalo siqalekisa abantu abenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu;

10 emlonyeni munye kuphuma ukubusisa nokuqalekisa. Akufanele, bazalwane bami, ukuba lokho kube kanjalo.

11 Umthombo uyakhipha yini amnandi nababayo emgodini munye na?

12 Umkhiwane, bazalwane bami, ungaba namandla yini okuthela izithelo zomnqumo, noma umvini amakhiwane na? Amanzi kasawoti angeveze amnandi.

## Ukuhlakanipha okuvela phezulu

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Ngubani ohlakaniphileyo nowaziyo phakathi kwenu na? Makakhombise ngenkambo enhle imisebenzi yakhe ngobumnene bokuhlakanipha.

14 Kepha uma ninomhawu obabayo nombango ezinhliziyweni zenu, ningazibongi, ningaliqambeli iqiniso.

15 Lokhu kuhlakanipha akusikho okwaphezulu kodwa kungokomhlaba, kungokwemvelo, kungokwamademoni;

16 ngokuba lapho kukhona umhawu nombango, kukhona isiyaluyalu nezenzo zonke ezimbi.

17Kepha ukuhlakanipha okwaphezulu okokuqala kumhlophe, andukuba kube nokuthula, nokuva, nokulalela, kugcwele isihawu nezithelo ezinhle; akunakungabaza, akunakuzenzisa.

18 Kepha isithelo sokulunga sihlwanyelwa ngokuthula kubo abakwenzayo ukuthula.

## EkaJakobe 4

### UJakobe uxwayisa ngokulwa, nangokuzidla, nangokuhleba

1 Zivelaphi izimpi, nokulwa kuvelaphi phakathi kwenu na? Akuveli yini lapho ezinkanukweni zenu ezilwayo ezithweni zenu na?

2 Niyafisa, nokho aninalutho; niyabulala ninomhawu, nokho anizuzi lutho; niyalwa nenza impi. Aninalutho, ngokuba ningaceli;

3 niyacela, nokho anamukeliswa, ngokuba nicela kabi, ukuze nikuchithele ezinkanukweni zenu.

4 Ziphingi, anazi yini ukuthi ukuthanda izwe kungubutha kuNkulunkulu na? Ngakho lowo othanda ukuba ngumhlobo wezwe, umi eyisitha sikaNkulunkulu.

5 Niyacabanga yini ukuthi umbhalo usho ngeze ukuthi: Umoya awuhlalisa kithi unxanela ngokomhawu, na?

6Kodwa unika umusa ngokwenezela; ngakho uthi: UNkulunkulu umelana nabazidlayo, kepha abathobekileyo ubapha umusa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 Ngakho thobelani uNkulunkulu, kepha nimelane noSathane, khona
uyakunibalekela;

8 sondelani kuNkulunkulu, khona uyakusondela kinina. Hlanzani izandla nina
zoni, nihlambulule izinhliziyo nina bonhliziyombili.

9 Yibani lusizi, nidabuke, nikhale; ukuhleka kwenu makuphenduke
ukudabuka, nokujabula kube ngukujabha.

10 Zithobeni ebusweni beNkosi, khona iyakuniphakamisa.

11 Ningahlebani, bazalwane. Ohleba umzalwane, noma ahlulele umzalwane
wakhe, uhleba umthetho, ahlulele umthetho; kepha uma wahlulela umthetho,
awusiye owenza okomthetho kodwa ungumahluleli.

12Munye ongummisimthetho nomahluleli; nguyena onamandla okusindisa
nokubhubhisa; kepha ungubani wena omahlulelayo umakhelwane na?

### Umuntu akakwazi okuzakumvelela ngomuso

13 Minani nina enithi: Namuhla noma ngomuso siyakuya kulona noma
kulowaya muzi, siqede khona umnyaka, sithengiselane, sizuze,

14 anikwazi okwangomuso; kuyini ukuphila kwenu na? Ngokuba niyinkungu
ebonakala isikhashana, ibisinyamalala.

15 Nga nisho nithi: Uma iNkosi ithanda, siphila, siyakwenza lokhu nalokho.

16 Kepha manje niyazibonga ngokuzigabisa kwenu; konke ukuzigabisa
okunjalo kubi.

17 Ngakho owaziyo ukwenza okuhle engakwenzi kuyisono kuye.

## EkaJakobe 5

### Izicebi ezingalungile

1 Minani nina bacebileyo; khalani, nilile ngezinhlupheko eziyakunehlela.

2 Ingcebo yenu ibolile, nezingubo zenu zidliwe yizinundu;

3igolide lenu nesiliva kugwalile, nokugwala kwakho kuyakuba ngufakazi
ngakini, kudle inyama yenu njengomlilo. Niqongelele ingcebo ezinsukwini
zokuphela.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Bhekani, umvuzo wezisebenzi ezavuna amasimu enu eniwugodlileyo
uyakhala, nokukhala kwabavunileyo kungenile ezindlebeni zeNkosi Sebawoti.

5 Nibusile emhlabeni, natamasa; ninonisile izinhliziyo zenu ngosuku
lokuhlaba.

6 Nilahlile, nabulala olungileyo; akamelani nani.

### Ukubekezela

7 Ngakho bekezelani, bazalwane, ize ifike iNkosi. Bhekani, umlimi uyalindela
isithelo somhlaba esiyigugu, ebekezelela sona, size sithole imvula yokuqala
neyamuva.

8 Bekezelani nani, niqinise izinhliziyo zenu, ngokuba ukufika kweNkosi
kusondele.

9 Ningavungamelani, bazalwane, ukuba ningahlulelwa; bhekani, umahluleli
umi ngaseminyango.

10 Bazalwane, misani abaprofethi ababekhuluma egameni leNkosi babe
yisibonelo sokuhlupheka nokubekezela.

11 Bhekani, babusisiwe abakhuthazelayo; nizwile ngokukhuthazela kukaJobe,
nibonile impetho yeNkosi ukuthi iNkosi inesihe esikhulu nesihawu.

### Ukufunga

12 Kepha phezu kwakho konke, bazalwane bami, ningafungi; ningafungi izulu
noma umhlaba noma esinye isifungo; kodwa uyebo wenu makabe nguyebo,
noqhabo uqhabo, ukuze ningaweli ekwahlulelweni.

### Ukukhuleka

13 Kukhona ohluphekayo phakathi kwenu na? Makakhuleke; kukhona
owenamileyo na? Makahube.

14 Kukhona ogulayo phakathi kwenu na? Makabize amalunga ebandla,
amkhulekele, amgcobe ngamafutha egameni leNkosi.

15 Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, iNkosi imvuse; noma
enzile izono, uzakuthethelelwa zona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

16 Ngakho, vumani izono omunye komunye, nikhulekelane ukuba
niphulukiswe. Umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla kakhulu.

17 U-Eliya wayengumuntu efana nathi; wakhuleka nokukhuleka ukuba
lingani; alinanga emhlabeni iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha.

18 Wabuye wakhuleka; izulu lana imvula, nomhlaba wathela izithelo zawo.

### Abadukisiweyo

19 Bazalwane bami, uma omunye kini eduka eqinisweni, omunye ambuyise,

20 yazini ukuthi obuyisile isoni ekudukeni kwendlela yaso uyakusindisa
umphefumulo wakhe ekufeni, asibekele izono eziningi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# 1 kaPetru

## 1 kaPetru 1

### Isibingelelo

1 UPetru, umphostoli kaJesu Kristu, kwabayizihambi abahlakazekile ePontu,
naseGalathiya, naseKhaphadosiya, nase-Asiya, naseBithiniya,

2 bekhethiwe ngokwaziphambili kukaNkulunkulu uYise ngokungcwelisa
kukaMoya kukho ukulalela nokufafazwa ngegazi likaJesu Kristu:
Makwandiswe kinina umusa nokuthula.

### UPetru ubonga uNkulunkulu ngethemba eliphilileyo labakholwayo

3 Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu owabuye
wasizala kabusha ngokwesihawu sakhe esikhulu ukuba sibe nethemba
eliphilileyo ngokuvuka kukaJesu Kristu kwabafileyo,

4 sibe nefa elingapheliyo, nelingenasisihla, nelingabuniyo, eniligcinelwe
ezulwini;

5 nina enilondolozwa ngamandla kaNkulunkulu ngokukholwa ukuba nibe
nokusindiswa okulungiselwe ukwambulwa ngesikhathi sokugcina;

6 enithokoza ngakho, nokuba manje ngesikhashana, uma kudingeka,
nidabukiswa ngezilingo eziyizinhlobonhlobo,

7 ukuze ukuvivinywa kokukholwa kwenu okuyigugu kunegolide elibhubhayo
noma livivinywa ngomlilo kufunyanwe kube ngukubongwa, nodumo,
nokutuseka ekwambulweni kukaJesu Kristu;

8 enimthanda ningambonanga, enithi ningamboni manje nikholwa nguye,
nithokoza ngentokozo engakhulumekiyo netusekayo,

9 namukela isigcino sokukholwa kwenu esiyinsindiso yemiphefumulo.

10 Ngayo leyo nsindiso babefunisisa bephenyisisa abaprofethi ababeprofetha
ngomusa obuzakuza kinina,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11 bephenya ukuthi yisiphi nokuba sinjani isikhathi asikhombayo uMoya kaKristu owayekubo, efakaza ngaphambili ngezinhlupheko eziqondene noKristu nangenkazimulo eyakulandela zona;

12 abambulelwe ukuba bangazikhonzi bona kepha nina ngalezo zinto enishunyayezwa zona manje ngabanishumayeza ivangeli ngoMoya oNgcwele othunywe evela ezulwini, izinto ezizifisayo izingelosi ukuzibona.

**UPetru ukhuthaza abakholwayo ukuba bahambe ngobungcwele**

13 Ngalokho zibopheni izinkalo zengqondo yenu, nizithibe, nethembe ngokupheleleyo umusa enizakuwabelwa ekwambulweni kukaJesu Kristu.

14 Njengabantwana abalalelayo ningalingisi izinkanuko zakuqala ekungazini kwenu,

15 kodwa njengowanibizayo engcwele, manibe ngcwele nani ekuhambeni konke,

16 ngokuba kulotshiwe ukuthi: Manibe ngcwele, ngokuba mina ngingcwele.

17 Uma nimbiza ngokuthi Baba yena owahlulela yilowo nalowo ngokwemisebenzi yakhe engakhethi buso, anohamba ngokwesaba esikhathini sokuhlala kwenu ebufokazini,

18 nazi ukuthi anihlengwanga ekuhambeni kwenu okuyize enakunikezwa ngawoyihlo ngezinto ezibhubhayo, isiliva negolide,

19 kodwa ngegazi elinqabileyo likaKristu kungathi elewundlu elingenacala, elingenabala;

20 owaziwa phakade, izwe lingakasekelwa, kepha wabonakaliswa ngezikhathi zokugcina ngenxa yenu

21 enikholwa nguNkulunkulu ngaye, owamvusa kwabafileyo nowamnika inkazimulo, ukuze ukukholwa kwenu kube nethemba kuNkulunkulu.

22 Senihlambululile imiphefumulo yenu ngokulalela iqiniso, nize nithande abazalwane ngokungazenzisi, thandanani ngokupheleleyo omunye nomunye ngenhliziyo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 senizelwe kabusha kungengambewu ephelayo kodwa ngengapheliyo,
ngezwi eliphilileyo nelimiyo likaNkulunkulu,

24 ngokuba, Yonke inyama injengotshani, nobukhosi bayo bonke
bunjengembali yotshani; utshani buyabuna, nembali iyavuthuluka, kepha
izwi leNkosi limi kuze kube phakade.

25 Yilo leli zwi levangeli elashunyayelwa kinina.

## 1 kaPetru 2

### Ukulangazelela ubisi oluhle lwezwi

1 Ngakho lahlani ububi bonke, nobuqili bonke, nokuzenzisa, nomhawu,
nokuhleba konke;

2 njengezingane ezisand ukuzalwa langazelelani ubisi olungokomoya
olungenakonakala, ukuze nikhule ngalo kube ngukusindiswa,

3 uma seninambithile nezwa ukuthi iNkosi imnene.

### Ukwakhiwa kwendlu yokomoya

4 Sondelani kuyo, iyitshe eliphilileyo, elinqatshwe ngabantu, kepha
kuNkulunkulu likhethekile, liyigugu,

5 nakhiwe njengamatshe aphilileyo, nibe yindlu yokomoya, ubupristi
obungcwele, ninikele ngemihlatshelo yokomoya eyamukelekayo
kuNkulunkulu ngaye uJesu Kristu.

6 Ngokuba kukhona embhalweni ukuthi: Bhekani, ngibeka eSiyoni itshe
legumbi elikhethekile, liyigugu; okholwa yilo akasoze ajabhiswa.

7 Ngakho kini enikholwayo liyigugu; kepha kwabangakholwayo itshe
abalinqabayo abakhi yilona elaba yinhloko yegumbi,

8 netshe lokuqhuzula, nedwala lokukhubekisa; baqhuzuka bengalaleli izwi,
okuyikhona bekumiselweyo;

9 kepha nina niluhlanga olukhethiweyo, ubupristi obobukhosi, isizwe
esingcwele, abantu abazuziweyo, ukuze nishumayele ubukhosi balowo

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

owanibiza niphume ebumnyameni, ningene ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo;

10 ekade naningesiso isizwe, kepha manje niyisizwe sikaNkulunkulu, enaningahawukelwanga, kepha manje nihawukelwe.

11 Bathandekayo, nginincenga njengabafokazi nezihambi ukuba nidede ezinkanukweni zenyama ezilwa nomphefumulo,

12 nibe nenkambo enhle phakathi kwabezizwe, ukuze kuthi lapho benihleba ngokungathi ningabenzi bokubi, ngokubona imisebenzi yenu emihle badumise uNkulunkulu ngosuku lokuhanjelwa.

**Ukuthobela izimiso zabantu ngenxa yeNkosi**

13 Thobelani izimiso zonke zabantu ngenxa yeNkosi, nokuba kuyinkosi njengokuba ingomkhulu,

14nokuba kungababusi njengokuba bethunywa yiyo, ukuze bajezise abenza okubi, babonge abenza okuhle,

15 ngokuba injalo intando kaNkulunkulu ukuba ngokwenza okuhle nithulise ukungazi kwabantu abayiziwula

16 njengabakhululekileyo, kodwa kungabi njengabenza ukukhululeka kube yisigubuzelo sokubi kepha njengezinceku zikaNkulunkulu.

17 Baziseni bonke, nithande abazalwane; mesabeni uNkulunkulu, niyazise inkosi.

18 Nina zinceku, thobelani amakhosi ngokwesaba konke, kungabi ngamahle navileyo kuphela kodwa nayizixhwanguxhwangu.

19Ngokuba kuyabongeka lokho, uma umuntu ngenxa kanembeza ngakuNkulunkulu ethwala izinsizi, ehlushwa ngokungafanele.

20Ngokuba kuludumo luni, uma nibekezela nishaywa lapho nonile na? Kepha uma nibekezela lapho nenze okuhle nihlushwa, lokho kuyabongeka kuNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Ngokuba nabizelwa khona lokho, ngokuba uKristu wahlushwa ngenxa
yenu, enishiyela isibonelo sokuba nilandele ezinyathelweni zakhe.

22 Ongenzanga isono, akufunyanwanga nankohliso emlonyeni wakhe,

23 owathi ethukwa, akaphindisanga athuke; ehlushwa akasongelanga kepha
wakunikela kuye owahlulela ngokulunga;

24 yena owathwala izono zethu emzimbeni wakhe emthini, ukuze kuthi
sesifile ezonweni siphile ekulungeni, oyena imivimbo yakhe naphulukiswa
ngayo;

25ngokuba beninjengezimvu ezidukileyo, kodwa manje seniphendukele
kuMalusi noMbonisi wemiphefumulo yenu.

## 1 kaPetru 3

### Ukuphathana kwabaganeneyo

1 Kanjalo, bafazi, thobelani amadoda enu, ukuze kuthi, uma ekhona
ongakholwa yizwi, azuzwe ngaphandle kwezwi ngenkambo yabafazi bawo,

2 ebona inkambo yenu emhlophe esekwesabeni.

3 Ukuhloba kwenu makungabi ngokungaphandle, okokwaluka izinwele,
nokokufaka igolide, noma okokugqoka izingubo,

4 kepha makube ngumuntu osithekileyo wenhliziyo ohloba
ngokungabhubhiyo komoya omnene onokuthula, okuyigugu phambi
kukaNkulunkulu.

5Ngokuba kade babezihlobisa kanjalo abesifazane abangcwele
abamethembayo uNkulunkulu, bethobela amadoda abo,

6 njengalokho uSara wamlalela u-Abrahama embiza ngokuthi inkosi,
eningabantwana bakhe, uma nenza okuhle, ningesatshiswa nokukodwa
okwesabisayo.

7 Kanjalo, madoda, hlalani nabo ngokokwazi, njengalokhu owesifazane
eyisitsha esibuthakathaka, nibanike udumo, lokhu beyizindlalifa zomusa
wokuphila kanye nani, ukuze imikhuleko yenu ingathiywa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Ukuhamba ngokubekezela ekuhluphekeni

8 Okokugcina, manibe nhliziyonye nonke, nihawukelane, nithandane ngokwabazalwane, nibe nobubele nokuthobeka,

9 ningaphindisi okubi ngokubi nokuthuka ngokuthuka, kepha kakhulu manibusise, ngokuba nabizelwa lokho ukuba nidle ifa lokubusiswa.

10 Ngokuba osuka ethanda ukuphila nokubona izinsuku ezinhle, makanqande ulimi lwakhe kokubi, nezindebe zakhe zingakhulumi inkohliso,

11 adede ebubini, enze okuhle, afune ukuthula, akujonge,

12ngokuba amehlo eNkosi aphezu kwabalungileyo, izindlebe zayo zisekunxuseni kwabo, kepha ubuso beNkosi buphezu kwabenza okubi.

13Pho, ubani onganilimaza, uma nishisekela okuhle na?

14 Kepha noma nihlupheka ngenxa yokulunga, nibusisiwe. Ningesabi ukwesabisa kwabo, ningakhathazeki,

15 kepha mngcweliseni uKristu abe yiNkosi ezinhliziyweni zenu, nihlale ningabalungele ukubaphendula bonke abanibuza isizathu sethemba elikini,

16 kodwa kube ngobumnene nangokwesaba, nibe nonembeza omuhle, ukuze kuthi kulokho abanihleba ngakho bajabhiswe labo abathuka ukuhamba kwenu okuhle kuKristu.

17Ngokuba kuhle ukuhlupheka ngokwenza okuhle, uma kuyintando kaNkulunkulu, kunokwenza okubi.

18 Ngokuba naye uKristu wahlupheka kwaba kanye ngezono, olungileyo ngenxa yabangalungile, ukuba asiyise kuNkulunkulu, ebulawa enyameni kepha ephiliswa emoyeni,

19 ehamba ngawo ukushumayeza omoya abasekuboshweni

20abakade bengalaleli, lapho ukubekezela kukaNkulunkulu kubalindele ezinsukwini zikaNowa umkhumbi usakhiwa, abasindiswa ngawo abayingcosana, okungukuthi abayisishiyagalombili ngawo amanzi;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

21enisindiswa ngawo manje nani ngokomfanekiso, okungukuthi ngombhapathizo, kungesikho ukususa insila yenyama kepha ukucela kuNkulunkulu unembeza omuhle, ngokuvuka kukaJesu Kristu

22okhona ngakwesokunene sikaNkulunkulu esenyukele ezulwini, sekubekwe phansi kwakhe izingelosi, negunya, namandla.

## 1 kaPetru 4

### Ekuhluphekeni amakholwa mawabekezele, akhuleke, abonge uNkulunkulu

1 Njengokuba uKristu wahlupheka enyameni, hlomani nani ukuqonda okunjalo, ngokuba ohluphekile enyameni uyekile ukona,

2 ukuze ngesikhathi esiseleyo nisesenyameni ningabe nisahlala ngezinkanuko zabantu kodwa ngentando kaNkulunkulu.

3 Ngokuba isikhathi esidlulileyo sasanele ukwenza okuthandwa ngabezizwe ngokuhamba ngamanyala, nangezinkanuko, nangokudakwa, nangokuminza, nangokuxokozela, nangokukhonza izithombe okuyichilo.

4Bayamangala ngokungagijimeli kwenu kulowo msindo wokushinga kwabo, behlambalaza;

5 bayakuziphendulela kulowo olungele ukwahlulela abahambayo nabafileyo.

6Ngokuba ngalokho ivangeli lashunyayelwa nakwabafileyo, ukuze bahlulelwe ngokwabantu enyameni kepha baphile ngokukaNkulunkulu emoyeni.

7 Kepha ukuphela kwezinto zonke sekusondele. Ngakho zikhuzeni, nizithibe, ukuze nikhuleke;

8 kunakho konke yibani nokuthandana okunganqamukiyo, ngokuba uthando lusibekela inqwaba yezono;

9anongenisana ngenjabulo, ningakhononi,

10 nikhonzane, kube yilowo nalowo ngesipho asiphiweyo njengabaphathi abahle bomusa omninginingi kaNkulunkulu;

11 uma umuntu ekhuluma, makakhulume njengokwamazwi kaNkulunkulu;
uma umuntu ekhonza, makakhonze ngamandla awanikwa nguNkulunkulu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

ukuze uNkulunkulu adunyiswe kukho konke ngoJesu Kristu okukuye inkazimulo namandla kuze kube phakade naphakade. Amen.

12 Bathandekayo, ningamangali ngomlilo ophakathi kwenu enifikelwa yiwo ukuba nilingwe ngokungathi nehlelwe yinto engaziwayo,

13kodwa njengalokhu ningabahlanganyeli bezinhlupheko zikaKristu, thokozani, ukuze kuthi nasekwambulweni kwenkazimulo yakhe nithokoze, nethabe nokwethaba.

14 Uma nithukwa ngenxa yegama likaKristu, nibusisiwe, ngokuba uMoya wenkazimulo nokaNkulunkulu uhlezi phezu kwenu.

15 Ngokuba makungabikho kini ohlupheka ngokuba engumbulali, noma eyisela, noma engowenza okubi, noma engozigaxa ezindabeni zabanye;

16 kepha uma ehlupheka ngokuba engumKristu, makangabi namahloni, kepha makadumise uNkulunkulu ngenxa yalelo gama.

17 Ngokuba sekuyisikhathi sokuba ukwahlulela kuqale endlini kaNkulunkulu; kepha uma kuthathela kithina, kuyakuba yini ukuphela kwabangalaleli ivangeli likaNkulunkulu na?

18 Uma olungileyo esindiswa kalukhuni, uyakubonakalaphi ongamesabi uNkulunkulu noyisoni na?

19 Ngakho abahluphekayo ngokwentando kaNkulunkulu mababeke imiphefumulo yabo kuMdali othembekayo ngokwenza okuhle.

## 1 kaPetru 5

### Ngokuziphatha kwamalunga nokwabasha

1 Ngakho ngiyawancenga amalunga aphakathi kwenu mina engiyilunga kanye nawo, nofakazi wezinhlupheko zikaKristu, nomhlanganyeli wenkazimulo ezakwambulwa, ngithi:

2 Yalusani umhlambi kaNkulunkulu ophakathi kwenu, kungabi ngokucindezelwa kodwa ngokwentando kaNkulunkulu, kungabi ngenxa yenzuzo eyihlazo kodwa ngenhliziyo evumayo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 kungabi njengabazenza amakhosi phezu kwamabandla enabelwa wona,
kodwa nibe yizibonelo zomhlambi;

4 kuyakuthi, nxa esebonakaliswa uMalusi omkhulu, niyakuzuza umqhele
wenkazimulo ongabuniyo.

5 Ngokunjalo, nina basha, thobelani amalunga; kepha nonke yembathani
ukuthobeka, nithobelane, ngokuba uNkulunkulu umelana nabazidlayo, kepha
abathobekileyo ubapha umusa.

6 Ngalokho zithobeni phansi kwesandla sikaNkulunkulu esinamandla, ukuze
aniphakamise ngesikhathi esifaneleyo,

7 niphonse izinkathazo zenu zonke phezu kwakhe, ngokuba uyanikhathalela.

8 Qondani, nilinde. Isitha senu, uSathane, siyahamba njengebhubesi
elibhodlayo sifuna esingamgwinya;

9 melanani naye niqinile ekukholweni, nazi ukuthi zona lezo zinhlupheko
zehlela abazalwane benu abasezweni.

**Isigcino**

10 Kepha uNkulunkulu womusa wonke owanibizela enkazimulweni yakhe
yaphakade ngoKristu, senihluphekile isikhashana, yena uqobo
uyakuniphelelisa, aniqinise, aninike amandla, anisekele.

11 Makube kuye amandla kuze kube phakade naphakade. Amen.

12 NgoSilvanu umfowethu othembekayo ngokubona kwami nginilobele
ngokufushane, ngincenga, ngifakaza ukuthi lo yiwo umusa oqinisekileyo
kaNkulunkulu; yimani kuwo.

13 Liyakhonza kini ibandla elikhethiweyo, kanye nani eliseBabiloni, noMarku
indodana yami.

14 Bingelelanani ngokwanga kothando. Ukuthula makube kini nonke
enikuKristu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# 2 kaPetru

## 2 kaPetru 1

### Isibingelelo

1 USimeyoni Petru, inceku nomphostoli kaJesu Kristu, kubo abazuzile ukukholwa okuyigugu ngokufana nokwethu ngokulunga kukaNkulunkulu wethu noMsindisi uJesu Kristu:

2 Makwandiswe kini umusa nokuthula ngokumazi uNkulunkulu noJesu iNkosi yethu.

### Amakholwa mawakhuthalele umsebenzi wokukholwa

3 Njengokuba amandla akhe obuNkulunkulu esinikile konke okuqondene nokuphila nokumesaba uNkulunkulu ngokumazi yena owasibiza ngenkazimulo nobuhle bakhe,

4 esiphiwe ngakho izithembiso eziyigugu nezikhulukazi, ukuze ngazo nibe ngabahlanganyeli nesimo sobuNkulunkulu, nibalekele ukubhubha okusezweni ngezinkanuko,

5 ngalokho nengezela inkuthalo yonke nelekele ubuhle ekukholweni, nasebuhleni ukwazi,

6 nasekwazini ukuzithiba, nasekuzithibeni ukukhuthazela, nasekukhuthazeleni ukumesaba uNkulunkulu,

7 nasekumesabeni uNkulunkulu ukuthanda abazalwane, nasekuthandeni abazalwane uthando.

8 Ngokuba uma lezo zinto zikhona kini zivama, ziyanenza ningabi ngabavilaphayo nabangenazithelo ekwazini iNkosi yethu uJesu Kristu,

9 ngokuba okungekho kuye lezo zinto uyimpumputhe, ebona kalufifi, ekhohliwe ukuhlanjululwa ezonweni zakhe zokuqala.

10 Ngakho-ke, bazalwane, khuthalelani kakhulu ukwenza kuqiniseke ukubizwa nokukhethwa kwenu; ngokuba uma nenza lokho, anisoze nakhubeka.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Ngokuba ngokwenze njalo niyakuphiwa ngokwengcebo ukungena embusweni waphakade weNkosi yethu noMsindisi uJesu Kristu.

### Ukuqiniseka kwezwi lababphostoli nelabaprofethi

12 Ngakho-ke ngiyakuba yilokhu nginikhumbuza njalo ngalezo zinto, nakuba nizazi, nime niqinile eqinisweni elikhona.

13 Ngithi kufanele, nxa ngisekhona kuleli dokodo, nginivuse ngokunikhumbuza,

14 ngazi ukuthi kuseduze ukususwa kwedokodo lami, njengalokho neNkosi yethu uJesu Kristu yangitshengisa;

15kepha ngizakukhuthalela ukuba ngezikhathi zonke emva kokumuka kwami nisale nizikhumbule lezo zinto.

16 Ngokuba sasingalandeli izinganekwane zobuqili, lapho sanazisa amandla nokufika kweNkosi yethu uJesu Kristu, kodwa sasingababonayo amandla obukhosi bakhe.

17 Ngokuba wamukela kuNkulunkulu uYise udumo nenkazimulo, lapho kwafika kuye izwi elinje, livela enkazimulweni yobukhosi, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo --

18lelo zwi salizwa thina livela ezulwini, sikanye naye entabeni engcwele.

19 Sesinalo izwi lesiprofetho eliqinisekile kakhulu, enenza kahle ukuliqaphela kungathi liyisibani esikhanyayo endaweni emnyama kuze kuse, ikhwezi liphumele ezinhliziyweni zenu,

20nazi lokhu kuqala ukuthi kasikho isiprofetho sombhalo esingachasiselwa ngumuntu ngokwakhe;

21 ngokuba akuzange kuvezwe isiprofetho ngentando yomuntu, kepha abantu beqhutshwa nguMoya oNgcwele bakhuluma okukaNkulunkulu.

## 2 kaPetru 2

### UPetru uxwayisa ngabafundisi bamanga

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Kepha kwavela nabaprofethi bamanga phakathi kwesizwe, njengokuba
nakinina kuzakuba khona abafundisi bamanga abazakungenisa ngasese
izifundiso zamanga ezibhubhisayo, bephika noMbusi owabathengayo,
bezilethela ukubhujiswa okusheshayo;

2 nabaningi bayakulandela amanyala abo; ngenxa yabo indlela yeqiniso
iyakuhlanjalazwa;

3 nangokufisa bayakuthengiselana ngani ngamazwi obuqili, abakulahlwa
kwabo kwamandulo akulibali nokubhujiswa kwabo akozeli.

4 Ngokuba uma uNkulunkulu engayekanga izingelosi ezonileyo, kodwa
wazinikela ukuba ziphonswe esihogweni, emigodini yobumnyama, ukuba
zigcinelwe ukwahlulelwa,

5 nezwe lamandulo engaliyekanga, kodwa wamlondoloza uNowa,
umshumayeli wokulunga, engowesishiyagalombili, mhla eletha uzamcolo
ezweni elingamesabi uNkulunkulu;

6 nemizi yaseSodoma neGomora wayahlulela wayichitha ngokuyiphendula
umlotha, eyenza ibe yisiboniso kubo abangayikumesaba uNkulunkulu;

7 noLoti olungileyo, ehlushwa ngukuhamba ngamanyala
kwabangenamthetho, wamhlangulisa --

8 ngokuba ngokubona nangokuzwa lona olungileyo, ehlala phakathi kwabo,
wezwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo imihla ngemihla ngenxa
yezenzo ezingenamthetho --

9 iNkosi iyakwazi ukuhlangulisa ekulingweni abamesabayo uNkulunkulu,
kepha abangalungile iyabagcinela usuku lokwahlulelwa, bajeziswe,

10 ikakhulu labo abahamba ngokwenyama enkanukweni yokuzingcolisa,
bedelela ubukhosi; bengamaphikankani nabaziqhenyayo abesabi
nokuhlambalaza abenkazimulo,

11 kanti izingelosi, nokuba zizinkulu ngobuqhwaga namandla, azibamangaleli
ngenhlamba phambi kweNkosi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12Kepha laba behlambalaza, benjengezidalwa ezingenangqondo, ngemvelo
zizalelwe ukubanjwa nokubhujiswa, nabo bazakubhujiswa ekubhujisweni
kwazo, behlambalaza abangakwaziyo,

13bamukele umvuzo wokungalungi. Labo bathi ukutamasa emini
kungukujabula; bayizisihla nezinsolo, bezitika ekukhohliseni kwabo bedla
nani;

14benamehlo agcwele ukuphinga nangayeki izono, bayenga imiphefumulo
engaqinile, benenhliziyo ejwayele ukufisa, abantwana bokuqalekiswa,

15 beshiya indlela eqondileyo beduka, belandela indlela kaBalami kaBeyori
owathanda umvuzo wokungalungi,

16 kepha waba nokusolwa ngenxa yokweqa kwakhe umthetho: imbongolo
eyisimungulu yakhuluma ngezwi lomuntu, yanqabela ukuhlanya
komprofethi.

17Labo bayimithombo engenamanzi nezinkungu eziqhutshwa yisiphepho,
abagcinelwe ubumnyama bobumnyama.

18Ngokuba bekhuluma udwadwa, amazwi ayize, babayenga ngezinkanuko
zenyama nangamanyala labo abasaphephayo abahamba ngokuduka;

19 bebathembisa inkululeko, kanti bona uqobo lwabo bayizigqila
zokubhubha; ngokuba lokho umuntu ahlulwa yikho uyisigqila sakho.

20 Ngokuba uma bebuye bahilelwe, bahlulwe yikho, sebebalekele ukungcola
kwezwe ngokuyazi iNkosi noMsindisi uJesu Kristu, khona ukugcina kwabo
kubi kunokuqala.

21Ngokuba ngabe kwaba ngcono kubo ukuba babengayazanga indlela
yokulunga kunokuba kuthi sebayazile bafulathele umyalo ongcwele
ababewunikeziwe.

22 Kubehlele njengokwesaga esiqinisileyo esithi: Inja yabuyela ebuhlanzweni
bayo, nokuthi: Ingulube igezwe qede yaphindela ukuzibhixa odakeni.

## 2 kaPetru 3

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

## Ukubuya kweNkosi

1 Le ncwadi, bathandekayo, isingeyesibili enginilobele yona, engivusa ngazo
ingqondo yenu emhlophe ngokunikhumbuza,

2 ukuze nikhumbule amazwi ashunyayelwa phambili yibo abaprofethi
abangcwele nomyalo weNkosi noMsindisi owashunyayelwa ngabaphostoli
benu,

3 nazi kuqala lokhu ukuthi ngezinsuku zokugcina kuyakufika abahleki
abahleka usulu, behamba ngezinkanuko zabo,

4 bethi: Siphi isithembiso sokufika kwakhe na? Ngokuba kuselokhu obaba
balala, konke kumi kunjalo njengakwasekuqaleni kokudalwa.

5 Ngokuba bathanda ukukhohlwa lokhu ukuthi kwaphakade izulu lalikhona
kanye nomhlaba owavela emanzini nangawo amanzi, umi ngezwi
likaNkulunkulu,

6 okwathi ngawo izwe elalikhona labhubha ngokukhukhula kwamanzi;

7 kepha izulu nomhlaba okukhona manje kubekelelwe umlilo ngalo lona leli
zwi, kulindele usuku lokwahlulela nolokubhubha kwabantu abangamesabi
uNkulunkulu.

8 Kodwa, bathandekayo, maningakhohlwa lento inye yokuthi kuyo iNkosi
usuku lunye lunjengeminyaka eyinkulungwane nokuthi iminyaka
eyinkulungwane injengosuku lunye.

9 INkosi ayilibali ngesithembiso sayo, njengalokhu abanye bathi
kungukulibala, kepha iyanibekezelela, ingathandi ukuba kubhubhe namunye,
kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni.

10 Kepha usuku lweNkosi luyakufika njengesela mhla amazulu eyakudlula
ngokuhlokoma; kuyakusha konke, kubhidlike; nomhlaba nemisebenzi yawo
kuyakusha.

11 Njengokuba konke kuyakubhidlika kanjalo, kumelwe ukuba nibe ngabantu
abanjani ekuhambeni okungcwele nase kumesabeni uNkulunkulu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 nibheka nilangazelela ukufika kosuku lukaNkulunkulu ayakubhidlika ngalo amazulu, ashe, konke kushe, kuncibilike, na?

13 Kepha siyalindela ngesithembiso sakhe amazulu amasha nomhlaba omusha okukhona kuwo ukulunga.

14 Ngakho, bathandekayo, lokhu nibheka lezo zinto, khuthalelani ukuba nifunyanwe ninokuthula, ningenabala, ningenacala kuye,

15 nithi ukubekezela kweNkosi yethu kungukusindiswa, njengalokho nomzalwane wethu othandekayo uPawulu wanilobela njengokuhlakanipha ayekuphiweyo,

16 njengalokhu nasezincwadini zonke ekhuluma kuzo ngalezo zinto, okukhona kuzo okunye okulukhuni ukuzwisiswa, okuthi abangafundile nabangaqinile bakuhlanekezela, njengalokhu benze njalo nangezinye izincwadi, kube ngukubhujiswa kwabo.

17 Ngakho, bathandekayo, njengokuba nazi lokhu ngaphambili, xwayani, ukuze ningadukiswa ngokukhohlisa kwabangenamthetho, niwe ekuqineni kwenu,

18 kepha khulani emseni nasekwazini iNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu. Inkazimulo mayibe kuye namanje nakuze kube lusuku lwaphakade.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# 1 kaJohane

## 1 kaJohane 1

### Izwi liyabonakaliswa ngoKristu

1 Lokho okwakukhona kwasekuqaleni, esakuzwa, sakubona ngamehlo ethu,
sakubheka, nezandla zethu zakuphatha, okwezwi lokuphila --

2lokho kuphila kwabonakaliswa, sakubona, siyaqinisa sinishumayeza lokho
kuphila okuphakade okwakukhona kuYise, kwabonakaliswa kithina --

3lokho esikubonileyo, sakuzwa, sinishumayeza khona nani, ukuze nani nibe
nenhlanganyelo nathi. Kepha thina sinenhlanganyelo noYise naneNdodana
yakhe uJesu Kristu.

4 Sesiyanilobela lokhu, ukuze intokozo yenu iphelele.

### Ukuhamba ekukhanyeni

5 Nanti izwi esalizwa kuye, sinishumayeza lona lokuthi uNkulunkulu
ungukukhanya, ubumnyama abukho kuye nakanye.

6 Uma sithi sinenhlanganyelo naye sibe sisahamba ebumnyameni, sinamanga,
asenzi iqiniso;

7 kepha uma sihamba ekukhanyeni, njengalokhu yena uqobo esekukhanyeni,
khona sinenhlanganyelo omunye nomunye, negazi likaJesu iNdodana yakhe
liyasihlambulula ezonweni zonke.

8 Uma sithi asinasono, siyazikhohlisa, neqiniso alikho kithi.

9Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono,
asihlambulule kukho konke ukungalungi.

10Uma sithi asonanga, simenza umqambimanga, nezwi lakhe alikho kithi.

## 1 kaJohane 2

### UJesu Kristu unguMmeli

1 Bantwana bami, nginilobela lokhu ukuba ningoni. Kepha uma umuntu ona,
sinoMmeli kuYise, uJesu Kristu olungileyo;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[2] yena uyinhlawulo ngezono zethu, kungengezethu zodwa kodwa nangezezwe lonke.

[3]Ngalokho siyazi ukuthi siyamazi yena, uma sigcina imiyalo yakhe.

[4]Lowo othi: Ngiyamazi, engagcini imiyalo yakhe, ungumqambimanga, iqiniso alikho kuye;

[5] kepha ogcina izwi lakhe, uthando lukaNkulunkulu luphelelisiwe kuye impela. Ngalokho siyazi ukuthi sikuye;

[6] lowo othi uhlala kuye, yena umelwe ukuhamba njengalokho ahamba yena.

### Umyalo omusha

[7] Bathandekayo, anginilobeli umyalo omusha, kodwa umyalo omdala enaninawo kwasekuqaleni; umyalo omdala uyizwi enalizwayo.

[8] Futhi nginilobela umyalo omusha owona uyiqiniso kuye nakini, ngokuba ubumnyama buyadlula nokukhanya kweqiniso sekuyakhanya.

[9] Lowo othi usekukhanyeni, abe ezonda umzalwane wakhe, usesebumnyameni kuze kube kalokhu.

[10]Othanda umzalwane wakhe uhlala ekukhanyeni, akukho sikhubekiso kuye;

[11] kepha ozonda umzalwane wakhe usebumnyameni, uhamba ebumnyameni, akazi lapho eya khona, ngokuba ubumnyama buwaphuphuthekisile amehlo akhe.

[12]Ngilobela nina bantwanyana, ngokuba nithethelelwe izono ngenxa yegama lakhe.

[13] Ngilobela nina boyise, ngokuba niyamazi yena okhona kwasekuqaleni. Ngilobela nina zinsizwa, ngokuba nimnqobile omubi.

[14]Nginilobele, bantwanyana, ngokuba niyamazi uYise. Nginilobele, boyise, ngokuba niyamazi yena okhona kwasekuqaleni. Nginilobele, zinsizwa, ngokuba ninamandla, izwi likaNkulunkulu lihlala kini, nimnqobile omubi.

### Isixwayiso sokungathandi izwe

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[15] Ngingathandi izwe nezinto ezisezweni. Uma umuntu ethanda izwe, uthando lukaYise alukho kuye,

[16] ngokuba konke okusezweni, inkanuko yenyama, nenkanuko yamehlo, nokuzigabisa ngalokhu kuphila, akuveli kuYise, kodwa kuvela ezweni.

[17] Izwe liyadlula kanye nenkanuko yalo; kepha owenza intando kaNkulunkulu uhlala kuze kube phakade.

### Ukufika kwabaphikukristu

[18] Bantwanyana, sekuyisikhathi sokugcina, njengalokho nezwa ukuthi umphikukristu uyeza, nakalokhu sekukhona abaphikukristu abaningi; ngalokho siyazi ukuthi sekuyisikhathi sokugcina.

[19] Baphuma kithi, kodwa babengesibo abakithi; ngokuba uma bebengabakithi, babeyakuhlala nathi; kodwa baphuma, ukuze babonakaliswe ukuthi bonke abasibo abakithi.

[20] Nina ninokugcotshwa okuvela koNgcwele, niyazi nonke.

[21]Anginilobelanga ngokuba ningalazi iqiniso, kodwa ngokuba niyalazi nangokuba akukho manga avela eqinisweni.

[22] Ngubani ongumqambimanga, uma kungesiye ophika ukuthi uJesu unguKristu na? Nguye ongumphikukristu ophika uYise neNdodana.

[23] Yilowo nalowo ophika iNdodana akanaye uYise; ovuma iNdodana unaye noYise.

[24]Lokho enakuzwayo kwasekuqaleni, makuhlale kinina. Uma kuhlala kini enakuzwayo kwasekuqaleni, nani niyakuhlala kuyo iNdodana nakuye uYise.

[25] Yilesi isithembiso yena asethembisa sona: ukuphila okuphakade.

[26]Nganilobela lokho ngabo abanidukisayo.

[27] Nina-ke, ukugcoba enakwamukela kuye kuhlala kini, anidingi ukuba nobani anifundise; kodwa lokhu ukugcoba kwakhe okunifundisa khona ngakho konke kuyiqiniso, akusiwo amanga, nanjengokuba kunifundisile, hlalani kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

28 Nakalokhu, bantwanyana, hlalani kuye, ukuze, nxa ebonakala, sibe nesibindi, singabi namahloni sinyibe kuye ekubonakaleni kwakhe.

29 Uma nazi ukuthi ulungile, yazini ukuthi yilowo nalowo owenza ukulunga uzelwe nguye.

## 1 kaJohane 3

### Uphawu lwabantwana bakaNkulunkulu

1 Bhekani uthando olungaka asinike lona uBaba lokuba sithiwe singabantwana bakaNkulunkulu; futhi siyibo. Ngalokho izwe alisazi, ngokuba alimazanga yena.

2 Bathandekayo, manje singabantwana bakaNkulunkulu, kepha akukabonakali esiyakuba yikho. Siyazi ukuthi, nxa ebonakaliswa, siyakuba njengaye, ngokuba siyakumbona njengokuba enjalo.

3 Bonke abanalo lelo themba kuye bayazihlambulula, njengokuba yena ehlambulukile.

4 Bonke abenza isono bayeqa nomthetho, ngokuba isono singukweqa umthetho.

5 Senazi ukuthi yena wabonakaliswa, ukuze asuse izono; akukho sono kuye.

6 Lowo ohlala kuye akoni; lowo owonayo akambonanga, futhi akamazi.

7 Bantwanyana, maningadukiswa muntu; owenza ukulunga ulungile, njengokuba yena elungile;

8 owenza isono ungokaSathane, ngokuba uSathane uyona kwasekuqaleni. INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kaSathane.

9 Lowo ozelwe nguNkulunkulu akenzi isono, ngokuba imbewu yakhe ihlala kuye; futhi akanakona, ngokuba uzelwe nguNkulunkulu.

10 Ngalokho kubonakala abantwana bakaNkulunkulu nabantwana bakaSathane; lowo ongenzi ukulunga akasiye okaNkulunkulu, naye ongamthandi umzalwane wakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

11 Nanti izwi enalizwayo kwasekuqaleni lokuba sithandane,

12kungabi njengoKayini owaba ngowomubi, wabulala umfowabo; wambulalelani na? Ngokuba imisebenzi yakhe yayimibi, kepha eyomfowabo yayilungile.

### Uthando lwabazalwane

13 Ningamangali, bazalwane, uma izwe linizonda.

14 Siyazi ukuthi sidlulile ekufeni, sangena ekuphileni, ngokuba sithanda abazalwane; ongathandiyo uhlezi ekufeni.

15 Lowo ozonda umzalwane wakhe ungumbulali; niyazi ukuthi akukho mbulali onokuphila okuphakade okuhlezi kuye.

16 Uthando silwazi ngalokho ukuthi yena wabeka ukuphila kwakhe ngenxa yethu; nathi sifanele ukubeka ukuphila ngenxa yabazalwane.

17Kepha yena onemfuyo yezwe, ebona umzalwane wakhe eswele, amvalele isihawu sakhe, uthando lukaNkulunkulu lungahlala kanjani kuye na?

18Bantwanyana, masingathandi ngezwi nangolimi, kodwa ngezenzo nangeqiniso.

### Ukuba nesibindi phambi kukaNkulunkulu

19Ngalokho siyazi ukuthi singabeqiniso; sizakuyithulisa inhliziyo yethu phambi kwakhe

20 ngokuthi uma inhliziyo yethu isilahla, uNkulunkulu mkhulu kunenhliziyo yethu, futhi uyazi konke.

21 Bathandekayo, uma inhliziyo ingasilahli, sinesibindi kuNkulunkulu,

22 nesikucelayo siyakukwamukeliswa nguye, ngokuba sigcina imiyalo yakhe, senza okuthandekayo ebusweni bakhe.

23 Yilo umyalo wakhe ukuba sikholwe egameni leNdodana yakhe uJesu Kristu, sithandane, njengokuba asinika umyalo.

24 Ogcina imiyalo yakhe uhlala kuye, naye uqobo uhlala kuye; siyazi ngalokho ukuthi uhlala kithi ngaye uMoya asinike yena.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

## 1 kaJohane 4

### Hlolani omoya

1 Bathandekayo, maningakholwa yibo bonke omoya, kepha hlolani omoya ukuthi bangabakaNkulunkulu yini; ngokuba baningi abaprofethi bamanga abaphumele ezweni.

2 Yazini uMoya kaNkulunkulu ngalokhu: bonke omoya abavuma ukuthi uJesu Kristu ufikile enyameni bangabakaNkulunkulu;

3 lowo moya ongamvumi uJesu akasiye okaNkulunkulu; lowo ungowomphikukristu enizwe ngaye ukuthi uyeza, nakalokhu usefikile ezweni.

4 NingabakaNkulunkulu nina bantwanyana, nibahlulile, ngokuba lowo okini mkhulu kunaye osezweni.

5 Bona bangabezwe; ngalokho bakhuluma okwezwe, nezwe liyabezwa.

6 Thina singabakaNkulunkulu; omaziyo uNkulunkulu uyasizwa, ongesiye okaNkulunkulu akasizwa. Ngalokho siyamazi umoya weqiniso nomoya wokuduka.

### Ukuthanda uNkulunkulu nokuthanda abantu

7 Bathandekayo, masithandane, ngokuba uthando luvela kuNkulunkulu, nabo bonke abathandayo bazelwe nguNkulunkulu, bayamazi uNkulunkulu.

8 Ongathandiyo akamazi uNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu uluthando.

9 Uthando lukaNkulunkulu lwabonakaliswa kithi ngalokho ukuthi uNkulunkulu wathumela ezweni iNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba siphile ngayo.

10 Uthando lukulokhu, kungesikho ukuthi thina samthanda uNkulunkulu, kepha ukuthi yena wasithanda thina, wathuma iNdodana yakhe ibe yinhlawulo ngezono zethu.

11 Bathandekayo, uma uNkulunkulu wasithanda kanjalo, nathi simelwe ukuthandana.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 UNkulunkulu akazange abonwe muntu; uma sithandana, uNkulunkulu uhlala kithi, nothando lwakhe luphelele kithi.

13 Ngalokho siyazi ukuthi sihlala kuye, naye kithi, ngokuba usiphile okukaMoya wakhe.

14 Thina sibonile, siyafakaza ukuthi uYise wayithuma iNdodana ibe nguMsindisi wezwe.

15 Lowo ovuma ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu uhlala kuye, naye kuNkulunkulu.

16 Thina siyalwazi, sikholwa yilo lolu thando uNkulunkulu analo kithina. UNkulunkulu uluthando, nohlala othandweni uhlala kuNkulunkulu, noNkulunkulu uhlala kuye.

17 Ngalokho uthando luphelelisiwe kithi, ukuze sibe nesibindi ngosuku lokwahlulelwa, ngokuba njengalokhu enjalo yena, sinjalo nathi kuleli zwe.

18 Akukho ukwesaba othandweni, kepha uthando olupheleleyo luyaxosha ukwesaba, ngokuba ukwesaba kunesijeziso, nowesabayo akaphelele othandweni.

19Thina siyathanda, ngokuba yena wasithanda kuqala.

20 Uma umuntu esho ukuthi: Ngiyamthanda uNkulunkulu, kepha ezonda umzalwane wakhe, ungumqambimanga; ngokuba ongathandi umzalwane wakhe ambonileyo angemthande uNkulunkulu angambonanga.

21Yebo, lo myalo sinawo, uvela kuNkulunkulu, wokuthi othanda uNkulunkulu makathande nomzalwane wakhe.

## 1 kaJohane 5

### Ukukholwa namandla akho okunqoba

1 Yilowo nalowo okholwa ukuthi uJesu unguKristu uzelwe nguNkulunkulu, nalowo othanda ozeleyo uthanda naye ozelwe nguye.

2Ngalokho siyazi ukuthi siyabathanda abantwana bakaNkulunkulu, nxa sithanda uNkulunkulu, senza imiyalo yakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

3 Ngokuba ukuthanda uNkulunkulu yilokhu ukuba sigcine imiyalo yakhe; nemiyalo yakhe ayinzima,

4 ngokuba konke okuzelwe nguNkulunkulu kuyalinqoba izwe; lokhu kuyinqobo enqobe izwe: ukukholwa kwethu.

5 Ngubani onqoba izwe, uma kungesiye okholwa ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu na?

6 Nguye lo oweza ngamanzi nangegazi, uJesu Kristu, kungengamanzi odwa kodwa ngamanzi nangegazi; noMoya ungofakazayo, ngokuba uMoya uyiqiniso.

7Ngokuba bathathu abafakazayo,

8uMoya, namanzi, negazi; labo abathathu bavumelana entweni inye.

9 Uma samukela ubufakazi babantu, ubufakazi bukaNkulunkulu bukhulu kunalobo, ngokuba ubufakazi bukaNkulunkulu buyilobu abufakazile ngeNdodana yakhe.

10 Okholwa yiNdodana kaNkulunkulu unobufakazi phakathi kwakhe. Ongakholwa nguNkulunkulu umenze umqambimanga, ngokuba engakholwanga ngubufakazi uNkulunkulu abufakazile ngeNdodana yakhe.

11 Yilobu ubufakazi ukuthi uNkulunkulu usiphile ukuphila okuphakade, nalokhu kuphila kuseNdodaneni yakhe.

12 Onayo iNdodana unokuphila; ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila.

13 Nginilobele lokho, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade nina enikholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu.

14 Yilesi sibindi esinaso kuye sokuthi, uma sicela utho ngokwentando yakhe, uyasizwa.

15 Uma sazi ukuthi uyasizwa noma sicelani, siyazi ukuthi sinakho esikucelileyo, esikucele kuye.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Uma umuntu ebona umzalwane wakhe ona ngesono esingesiso esokufa,
makacele, uyakumnika ukuphila, ekunika labo abenza isono esingesiso
esokufa. Sikhona isono sokufa; angisho ukuba kucelwe ngaleso.

17 Konke ukungalungi kuyisono; kukhona isono esingesiso esokufa.

18 Siyazi ukuthi yilowo nalowo ozelwe nguNkulunkulu akoni, ngokuba
ozelwe nguNkulunkulu uyazigcina, nomubi akamthinti.

19 Siyazi ukuthi singabakaNkulunkulu nokuthi izwe lonke limi ebubini.

20 Kepha sazi ukuthi iNdodana kaNkulunkulu isifikile, yasinika ingqondo
ukuze simazi oweqiniso; sikuye oweqiniso, kuyo iNdodana yakhe uJesu
Kristu. Yena unguNkulunkulu oqinisileyo nokuphila okuphakade.

21 Bantwanyana, zilindeni ezithombeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

# 2 kaJohane

## 2 kaJohane 1

1 Ilunga kuyo inkosikazi ekhethiweyo nabantwana bayo, engibathanda ngeqiniso, kungeyimi ngedwa kodwa nabo bonke abalaziyo iqiniso,

2 ngenxa yeqiniso elihlala kithi neliyakuba nathi kuze kube phakade.

3 Kuzakuba nathi umusa, nesihawu, nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba nakuye uJesu Kristu iNdodana kaYise ngeqiniso nangothando.

### Ukuyala ngothando

4 Ngithokozile kakhulu, ngokuba kubantwana bakho ngifumene abahamba eqinisweni, njengalokho samukele umyalo kuBaba.

5 Nakalokhu ngiyakunxusa, nkosikazi, kungengokungathi ngikulobela umyalo omusha kodwa lowo esasinawo kwasekuqaleni ukuba sithandane.

6 Yilolu-ke uthando ukuba sihambe ngokwemiyalo yakhe; yiwo umyalo ukuba nihambe ngawo, njengalokho nezwa kwasekuqaleni.

### Ukuxwayisa ngabakhohlisi nangomphikukristu

7 Ngokuba abakhohlisi abaningi baphumele ezweni, labo abangamvumi uJesu Kristu ukuthi uzile ngenyama; lowo ungumkhohlisi nomphikukristu.

8 Ziqapheleni nina, ukuze ningalahlekelwa ngesikusebenzileyo, kodwa namukele umvuzo opheleleyo.

9 Lowo oweqisayo engemi ekufundiseni kukaKristu akanaye uNkulunkulu; ohlezi ekufundiseni lowo unaye uYise neNdodana.

10 Uma kufika umuntu kini engalethi lokho kufundisa, ningamamukeli endlini yenu, ningambingeleli;

11 ngokuba ombingelelayo uhlanganyela naye emisebenzini yakhe emibi.

### Isigcino

12 Nginokuningi kokunilobela, angithandanga ukukuloba ngephepha noyinki, kodwa ngiyethemba ukuza kini, ngikhulume nani umlomo nomlomo, ukuze ukuthokoza kwethu kuphelele.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# 3 kaJohane

## 3 kaJohane 1

### Isibingelelo

1 Ilunga kuye uGayu othandekayo engimthanda ngeqiniso.

2Sithandwa, kunakho konke ngikufisela ukuba ube nenhlanhla nokuphila, njengokuba umphefumulo wakho unenhlanhla.

3 Ngokuba ngathokoza lapha kufika abazalwane befakazela iqiniso lakho, njengokuba uhamba eqinisweni.

### Ukungenisa abazalwane

4Anginayo intokozo enkulu kunaleyo yokuba ngizwe ukuthi abantwana bami bahamba eqinisweni.

5Sithandwa, wenza okuthembekileyo ngalokho okwenzele abazalwane nokuba bengabafo

6 abafakazele uthando lwakho phambi kwebandla; uzakwenza kahle, uma ubaphelekezela ngokufanele uNkulunkulu;

7ngokuba ngenxa yeGama baphuma bengathathi lutho kwabezizwe.

8Ngalokho-ke thina sifanele ukubamukela abanjalo, ukuze sibe yizisebenzi zeqiniso kanye nabo.

### Isibonelo esihle nesibi

9 Ngalobela ibandla okuthile, kodwa uDiyotrefe othanda ukuba abe mkhulu phakathi kwabo akasamukeli thina.

10 Ngalokho uma ngiza, ngiyakumkhhumbuza imisebenzi yakhe ayenzayo, esihleba ngamazwi amabi; futhi enganelisiwe nayilokho akabamukeli abazalwane yena, nabavumayo uyabanqabela, abakhiphe ebandleni.

11 Sithandwa, ungalandeli okubi kodwa okuhle. Owenza okuhle ungokaNkulunkulu; owenza okubi akambonanga uNkulunkulu.

12UDemetriyu ufakazelwa yibo bonke nayilo iqiniso uqobo lwalo; nathi-ke siyafakaza ngaye, wazi nawe ukuthi ukufakaza kwethu kuqinisile.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

## Isigcino

13 Benginokuningi ebengiyakukulobela khona, kepha angithandi ukukulobela
ngoyinki nosiba;

14kepha ngiyethemba ukukubona masinyane, sikhulume umlomo nomlomo.

15Ukuthula makube kuwe. Abahlobo bayakhonza kuwe. Khonza kubo
abahlobo ngamagama.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

# EkaJuda

## EkaJuda 1

### Isibingelelo

1 UJuda inceku kaJesu Kristu, umfowabo kaJakobe, kubo ababiziweyo abathandwa kuNkulunkulu uYise nabagcinelwe uJesu Kristu:

2 Makwandiswe kini umusa nokuthula nothando.

### Abadukisi

3 Bathandekayo, njengokuba ngenza inkuthalo yonke ukunilobela ngensindiso esiyihlanganyele sonke, ngacindezeleka ukunilobela ukuba nginivuselele ukulwela inkolo abayinikelwayo abangcwele kwaba kanye.

4 Ngokuba sebengenile ngokunyenya abantu abathile okwalotshwa ngabo phambili endulo ukuthi bayakwehlelwa yilokhu kulahlwa, abangamesabi uNkulunkulu, bephendukezela umusa kaNkulunkulu wethu ube ngamanyala, bephika uMbusi oyedwa neNkosi yethu uJesu Kristu.

5 Kepha ngiyathanda ukunikhumbuza, nokuba kade benikwazi konke, ukuthi iNkosi, isisindisile isizwe isikhipha ezweni laseGibithe, yabuye yabhubhisa labo abangakholwanga,

6 nezingelosi ezingagcinanga ubukhosi bazo, kodwa zalishiya ikhaya lazo, izigcinele ukulahlwa kosuku olukhulu ngezibopho ezimiyo phansi kobumnyama,

7 njengokuba iSodoma neGomora nemizi yangakhona yenza ubufebe ngendlela efana neyayo, yalandela inyama imbe imisiwe ibe yisiboniso, izwa isijeziso somlilo omiyo njalo.

8 Nokho ngokunjalo-ke nalabo abaphuphayo bangcolisa inyama, bayeyisa imibuso, bahlambalaza ubukhosi.

9 Kepha uMikayeli, ingelosi enkulu, lapho ephikisana noSathane, ekhulumisana naye ngesidumbu sikaMose, akabanga nasibindi sokuletha ukwahlulela kokuhlambalaza, kodwa wathi: INkosi mayikujezise.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10 Kepha laba bayahlambalaza konke abangakwaziyo, nalokho abakwaziyo ngemvelo njengezidalwa ezingenangqondo babhubha ngakho.

11 Maye kubo, ngokuba bahamba endleleni kaKayini, bagijimela ekudukeni kukaBalami ngenxa yomvuzo, babhubha ekuphikeni kukaKora!

12 Yilabo abayizisihla emadilini enu othando bedla nani, bengesabi, baziklabisa; bangamafu angenamanzi, aqhutshwa yimimoya; bayimithi yasebusika engenazithelo, efe kabili, isishuliwe;

13 bangamaza adlangalalayo olwandle, ekhephuza amahlazo awo, izinkanyezi ezidukayo ezigcinelwe ubumnyama bobumnyama baphakade.

14 U-Enoke ongowesikhombisa kusukela ku-Adamu waprofetha ngabo, wathi: Bheka, iNkosi iyakufika nabangcwele bayo abayizigidigidi,

15ukuze yahlulele bonke, ijezise bonke abangamesabi uNkulunkulu ngenxa yemisebenzi yonke yabo yokungahloniphi uNkulunkulu abadelela ngayo, nangawo onke amazwi alukhuni izoni ezingamesabi uNkulunkulu eziwakhulumile ngaye.

16 Yilabo abakhononayo nabasolayo, behamba ngezinkanuko zabo, umlomo wabo ukhuluma uwangala, betusa ubuso ngenxa yenzuzo.

**UJuda ululeka ukuba baqine ekukholweni**

17Kepha nina bathandekayo, khumbulani amazwi akhulunywe phambili ngabaphostoli beNkosi yethu uJesu Kristu

18 abasho ukuthi ngesikhathi sokugcina kuyakuba khona abahleka usulu, behamba ngezinkanuko zabo zokungamesabi uNkulunkulu.

19 Yilabo abaveza ukwahlukana, bengabenyama bengenaMoya.

20 Kepha nina bathandekayo, yakhelanani ekukholweni kwenu okungcwele kakhulu, nikhuleke ngoMoya oNgcwele,

21 nizigcine othandweni lukaNkulunkulu, nibheke umusa weNkosi yethu uJesu Kristu, kube ngukuphila okuphakade.

22Abanye, abangabazayo, nibahawukele,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

23 nibasindise ngokubahlwitha emlilweni, kepha abanye nibahawukele
ngokwesaba, nizonde nengubo enindwe yinyama.

24 Kepha kuyena onamandla okunilinda ukuba ningakhubeki, nimiswe
phambi kwenkazimulo yakhe ningenasici, ninokuthokoza okukhulu,

25 kuye uNkulunkulu oyedwa, uMsindisi wethu ngaye uJesu Kristu iNkosi
yethu, makube ngukukhazimula, nobukhosi, namandla, negunya,
kungakabikho izikhathi, namanje nakuze kube phakade. Amen.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# IsAmbulo

## IsAmbulo 1

### UJohane uyanikwa isambulo sikaJesu ngengelosi

1 Isambulo sikaJesu Kristu amnika sona uNkulunkulu ukuba abonise izinceku zakhe izinto ezimelwe ukwenzeka masinyane, ethuma ngengelosi yakhe, esibonakalisa encekwini yakhe uJohane

2 owafakaza ngezwi likaNkulunkulu nangobufakazi bukaJesu Kristu, konke akubonayo.

3 Ubusisiwe ofundayo nabo abawezwayo amazwi alesi siprofetho, bagcine okulotshiweyo kuso, ngokuba isikhathi siseduze.

### UJohane uyabingelela amabandla ayisikhombisa

4 UJohane kuwo amabandla ayisikhombisa ase-Asiya: Makube kini umusa nokuthula okuvela kuye okhona nowayekhona nozayo, nakoMoya abayisikhombisa abaphambi kwesihlalo sakhe sobukhosi,

5 nakuJesu Kristu ufakazi othembekayo, izibulo labafileyo nombusi wamakhosi omhlaba. Kuye osithandayo nowasikhululayo ezonweni zethu ngegazi lakhe

6 nowasenza sibe ngumbuso nabapristi kuNkulunkulu uYise, kuye makube yinkazimulo namandla kuze kube phakade naphakade. Amen.

7 Bhekani, uyeza namafu, namehlo onke ayakumbona, nabo abamgwazayo, nezizwe zonke zomhlaba ziyakulila ngaye. Yebo, Amen.

8 Mina ngingu-Alfa no-Omega, kusho iNkosi uNkulunkulu, okhona nowayekhona nozayo, uMninimandla onke.

### UJesu uyazibonakalisa kuJohane esesiqhingini sasePhatmose; uyamyala ukuloba lesi sambulo

9 Mina Johane, umfowenu nomhlanganyeli kanye nani ekuhluphekeni nasembusweni nasekubekezeleni kukaJesu, ngangisesiqhingini esithiwa iPhatmose ngenxa yezwi likaNkulunkulu nangenxa yobufakazi bukaJesu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

10NgangikuMoya ngosuku lweNkosi, ngezwa emva kwami izwi elikhulu
kungathi elecilongo,

11 lithi: Lokhu okubonayo kulobe encwadini, ukuthumele kuwo amabandla ayisikhombisa, e-Efesu, naseSmirna, nasePhergamu, naseThiyathira, naseSardesi, naseFiladelfiya, naseLawodikeya.

12 Ngaphenduka ukuba ngibone izwi ebelikhuluma nami; kuthe ngiphenduka, ngabona izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide,

13nofana nendodana yomuntu ephakathi kwezinti zezibani, embethe ingubo ekhawula ezinyaweni, ezibophe ngebhande legolide ezibeleni;

14 futhi ikhanda lakhe nezinwele zakhe kumhlophe njengoboya bezimvu, njengeqhwa, namehlo akhe enjengamalangabi omlilo,

15nezinyawo zakhe zifana nethusi elikhazimulayo sengathi zazishiswe esithandweni, nezwi lakhe linjengenhlokomo yamanzi amaningi;

16 futhi wayephethe izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene, nasemlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili, nobuso bakhe bunjengelanga likhanya ngamandla alo.

17 Ngathi ukumbona, ngawa ngasezinyaweni zakhe njengofileyo; wayesebeka isandla sakhe sokunene phezu kwami, ethi: Ungesabi; mina ngingowokuqala nowokugcina,

18 nophilayo; ngangifile, bheka, sengingophilayo kuze kube phakade naphakade, futhi nginezihluthulelo zokufa nezeHayidese.

19 Ngakho-ke loba okubonileyo, nokukhona, nokuzakwenzeka emva kwalokho.

20Imfihlakalo yezinkanyezi eziyisikhombisa ozibonileyo esandleni sami sokunene, nezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide yile: izinkanyezi eziyisikhombisa ziyizingelosi zamabandla ayisikhombisa, nezinti zezibani eziyisikhombisa zingamabandla ayisikhombisa.

**IsAmbulo 2**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### UJohane uyalwa ngalokhu azakukulobela ingelosi yebandla lase-Efesu, naseSmirna, nasePhergamu, naseThiyathira

1 Kuyo ingelosi yebandla lase-Efesu loba ukuthi: Nakhu akushoyo ophethe izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene, ohamba phakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, uthi:

2 Ngiyayazi imisebenzi yakho, nemizamo yakho, nokubekezela kwakho, nokuthi kawunakubamela ababi; wabavivinya abazisho ukuthi bangabaphostoli bengesibo, wabafumana beqamba amanga;

3 unokubekezela, wakhuthazela ngenxa yegama lami, kawukhathalanga.

4 Kepha nginalokhu ngawe ukuthi uluyekile uthando lwakho lwakuqala;

5 ngakho khumbula lapho uwe khona, uphenduke, wenze imisebenzi yakuqala; uma kungenjalo, ngiyeza kuwe, ngilususe uthi lwesibani sakho endaweni yalo, uma ungaphenduki.

6 Kepha unalokhu ukuthi uyayizonda imisebenzi yamaNikolawu engiyizondayo nami.

7 Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni. Onqobayo ngiyakumnika ukuba adle kuwo umuthi wokuphila oseParadisi likaNkulunkulu.

8 Nakuyo ingelosi yebandla laseSmirna loba ukuthi: Nakhu akushoyo owokuqala nowokugcina, owayefile kepha osephila, uthi:

9 Ngiyakwazi ukuhlupheka kwakho nobumpofu bakho -- kanti ucebile -- nenhlamba yabathi bangabaJuda bengesibo, kodwa beyisinagoge likaSathane.

10 Ungesabi lokho ozakuhlupheka ngakho. Bheka, uSathane uzakuphonsa abanye kini etilongweni ukuba nilingwe, futhi niyakuhlupheka izinsuku eziyishumi. Thembeka kuze kube sekufeni, ngokunika umqhele wokuphila.

11 Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni. Onqobayo akasoze oniwa ngukufa kwesibili.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Nakuyo ingelosi yebandla lasePhergamu loba ukuthi: Nakhu akushoyo
onenkemba ebukhali esika nhlangothi zombili, uthi:

13 Ngiyazi lapho wakhe khona: lapho kukhona isihlalo sobukhosi sikaSathane;
nokho ulibambisisile igama lami, kawuphikanga inkolo yami nasemihleni ka-
Antipase, ufakazi wami, othembekayo wami, owabulawa phakathi kwenu
lapho uSathane wakhe khona.

14 Nokho kukhona okuyingcosana enginakho ngawe, ngokuba unabo lapho
ababambisisa isifundiso sikaBalami owafundisa uBalaki ukuphonsa
isikhubekiso phambi kwabantwana bakwa-Israyeli sokuba badle
okuhlatshelwe izithombe nokuba bafebe.

15Futhi-ke nawe unabo ababambisisa isifundiso samaNikolawu ngokunjalo.

16 Ngakho-ke phenduka; uma kungenjalo, ngiyeza kuwe masinyane,
ngiyakulwa nabo ngenkemba yomlomo wami.

17 Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni. Onqobayo
ngiyakumnika okwemana elifihliweyo, ngimuphe itshe elimhlophe,
nasetsheni kulotshiwe igama elisha elingaziwa muntu, ngolamukelayo
kuphela.

18 Nakuyo ingelosi yebandla laseThiyathira loba ukuthi: Nakhu ekushoyo
iNdodana kaNkulunkulu enamehlo anjengamalangabi omlilo, nezinyawo zayo
zifana nethusi elikhazimulayo, ithi:

19Ngiyayazi imisebenzi yakho, nothando, nokukholwa, nokukhonza,
nokubekezela kwakho, nokuthi imisebenzi yakho yokugcina miningi
kuneyokuqala.

20 Kepha nginalokhu ngawe ukuthi uvumela owesifazane uJezabeli ozisho
ukuthi ungumprofethikazi, afundise, adukise izinceku zami ukuba zifebe,
zidle okuhlatshelwe izithombe;

21 ngamnika isikhathi sokuba aphenduke, kepha kavumi ukuphenduka
ekufebeni kwakhe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[22]Bheka, ngiyamphonsa embhedeni, nabaphinga naye ngibaphonsa ekuhluphekeni okukhulu, uma bengaphenduki emisebenzini yakhe;

[23] ngiyakubulala abantwana bakhe ngokufa; amabandla onke ayakwazi ukuthi nginguye ophenya izinso nezinhliziyo, futhi ngiyakumnika yilowo nalowo wenu ngokwemisebenzi yakhe.

[24]Kodwa ngithi kinina eniseleyo eThiyathira, nonke eningenaso lesi sifundiso, eningakwaziyo okujulileyo kukaSathane njengabakushoyo: Kangiphonsi phezu kwenu omunye umthwalo;

[25]kepha lokho eninakho, kubambisiseni ngize ngifike.

[26] Onqobayo nogcina imisebenzi yami kuze kube sekupheleni lowo ngiyakumnika amandla phezu kwezizwe;

[27] uyakuzibusa ngentonga yensimbi, ziphahlazwe njengezitsha ezibunjiweyo, njengalokhu nami ngamukelisiwe nguBaba;

[28] futhi ngiyakumnika inkanyezi yokusa.

[29]Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni.

## IsAmbulo 3

### Lokhu uJohane azakukulobela ingelosi yebandla laseSardesi, naseFiladelfiya, naseLawodikeya

[1] Nakuyo ingelosi yebandla laseSardesi loba ukuthi: Nakhu akushoyo onawoMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu nezinkanyezi eziyisikhombisa, uthi: Ngiyayazi imisebenzi yakho ukuba unegama lokuthi uyaphila, kanti ufile.

[2] Vuka ulinde, uqinise okuseleyo obekuzakufa, ngokuba angifumananga imisebenzi yakho iphelelisiwe phambi kukaNkulunkulu wami;

[3] ngakho-ke khumbula ukuthi wamukele wezwa kanjani, kugcine, uphenduke. Ngokuba uma ungalindi, ngiyakuza kuwe njengesela, kawusoze walazi ihora engiyakuza ngalo kuwe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

4 Kepha-ke unamagama ayingcosana eSardesi alabo abangangcolisanga
izingubo zabo; bayakuhamba nami bembethe okumhlophe, ngokuba bafanele.

5 Onqobayo uyakwembathiswa kanjalo izingubo ezimhlophe, negama lakhe
angisoze ngalesula encwadini yokuphila, negama lakhe ngiyakulivuma
phambi kukaBaba naphambi kwezingelosi zakhe.

6 Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni.

7 Nakuyo ingelosi yebandla laseFiladelfiya loba ukuthi: Nakhu akushoyo
ongcwele, oqinisileyo, onesihluthulelo sikaDavide, ovula kungavali muntu,
novalayo kungavuli muntu, uthi:

8 Ngiyayazi imisebenzi yakho; bheka, ngimisile phambi kwakho umnyango
ovuliweyo, ongenakuvalwa muntu, ngokuba unamandla amancane, kanti
waligcina izwi lami, kawuliphikanga igama lami.

9 Bheka, ngiyakubakhipha esinagogeni likaSathane abazishaya abaJuda
bengesibo, kepha beqamba amanga; bheka, ngiyakubenza ukuba beze
bakhuleke phambi kwezinyawo zakho, bazi ukuthi ngikuthandile.

10 Ngokuba ulilondile izwi lokubekezela kwami, nami-ke ngiyakukulonda
ngehora lokulingwa eliyakufika ezweni lonke lokulinga bonke abakhileyo
emhlabeni.

11 Ngiyeza masinyane; bambisisa lokho onakho, ukuze kungabikho muntu
okwamuka umqhele wakho.

12 Onqobayo ngiyakumenza abe yinsika ethempelini likaNkulunkulu wami,
futhi akasoze aphuma khona; ngiyakuloba negama likaNkulunkulu wami
phezu akhe, negama lomuzi kaNkulunkulu wami, iJerusalema elisha elehla
ezulwini kuNkulunkulu wami, negama lami elisha.

13Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni.

14 Nakuyo ingelosi yebandla laseLawodikeya loba ukuthi: Nakhu akushoyo u-
Amen, ufakazi othembekayo noqinisileyo, ukuqala kokudaliweyo
kukaNkulunkulu, uthi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

15 Ngiyayazi imisebenzi yakho ukuthi kawubandi, kawushisi. Sengathi ngabe uyabanda noma ushise.

16 Ngakho-ke njengalokhu usivivi, ungashisi ungabandi, ngiyakukuhlanza uphume emlonyeni wami.

17 Ngokuba uthi: Ngicebile, kangiswele lutho, kanti kawazi ukuthi ungolusizi, nowokuhawukelwa, nompofu, nophuphuthekayo, nohamba ze;

18ngiyakululeka ukuba uthenge kimi igolide elihlanzwe ngomlilo ukuze ucebe, nezingubo ezimhlophe ukuze wembathe, kungabonakali ihlazo lobuze bakho nomuthi wamehlo wokugcoba amehlo akho ukuba ubone.

19 Bonke engibathandayo ngiyabasola, ngibalaye; ngakho-ke shisekela uphenduke.

20 Bheka, ngimi ngasemnyango ngingqongqotha; uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.

21 Onqobayo ngiyakumnika ukuba ahlale nami esihlalweni sami sobukhosi, njengalokho nami nganqoba, ngahlala noBaba esihlalweni sakhe sobukhosi.

22 Onendlebe makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni.

## IsAmbulo 4

### UJohane ubona ngombono isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu ezulwini

1 Emva kwalokho ngabona, bheka-ke, umnyango uvulekile ezulwini, nezwi lokuqala engalizwayo linjengelecilongo likhuluma nami, lithi: Yenyukela lapha, ngikutshengise okumelwe ukuba kube khona emva kwalokhu.

2 Masinyane ngaba kuMoya. Bheka, isihlalo sobukhosi sasimi ezulwini nohlezi phezu kwesihlalo sobukhosi;

3nohleziyo wayefana netshe lejaspi nesardiyu ukubukeka kwakhe, nothingo lwenkosikazi luhaqe isihlalo sobukhosi lufana nesimaragidu ukubukeka kwalo.

4Nesihlalo sobukhosi sasihaqiwe yizihlalo zobukhosi ezingamashumi amabili nane, naphezu kwezihlalo zobukhosi kwakuhlezi amalunga angamashumi

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

amabili nane, embethe izingubo ezimhlophe, enemiqhele yegolide emakhanda awo.

5 Nasesihlalweni sobukhosi kwaphuma imibani, namazwi, nokuduma; nezibani zomlilo eziyisikhombisa zavutha phambi kwesihlalo sobukhosi, ezingoMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu;

6 nangaphambi kwesihlalo sobukhosi kukhona okunjengolwandle lwengilazi lufana nekristalu, nangaphakathi kwesihlalo sobukhosi nasekuzungezeni isihlalo sobukhosi kukhona izidalwa ezine zigcwele amehlo ngaphambili nangasemuva.

7Isidalwa sokuqala sasifana nengonyama, nesidalwa sesibili sasifana nethole, nesidalwa sesithathu sasinobuso obunjengobomuntu, nesidalwa sesine sasifana nokhozi olundizayo.

8 Nezidalwa ezine, yileso naleso kuzo, zinamaphiko ayisithupha; emaceleni onke nangaphakathi zigcwele amehlo; kazikhawuli imini nobusuku ukuthi: Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uMninimandla onke, owayekhona nokhona nozayo.

9Kuthi lapho izidalwa zimnika inkazimulo nodumo nokubonga ohlezi esihlalweni sobukhosi, yena ophilayo kuze kube phakade naphakade,

10amalunga angamashumi amabili nane awa phansi phambi kwakhe ohlezi esihlalweni sobukhosi, akhuleka kuye ophilayo kuze kube phakade naphakade, aphonsa imiqhele yawo phambi kwesihlalo sobukhosi, ethi:

11 Ufanele wena Nkosi yethu noNkulunkulu wethu ukwamukela inkazimulo nodumo namandla, ngokuba nguwena owadala izinto zonke, nangenxa yentando yakho zaba khona, zadalwa.

## IsAmbulo 5

### Incwadi enamathelisiwe ngezimpawu eziyisikhombisa

1 Ngase ngibona esandleni sokunene sakhe owayehlezi esihlalweni sobukhosi incwadi ilotshiwe ngaphakathi nangaphandle, inamathelisiwe ngezimpawu eziyisikhombisa.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

2Ngase ngibona ingelosi enamandla imemeza ngezwi elikhulu, ithi: Ngubani
ofanele ukuvula le ncwadi nokuqaqa izimpawu zayo na?

3Kwakungekho namunye ezulwini, nasemhlabeni, nangaphansi komhlaba
owayenamandla okuyivula incwadi, abuke kuyo.

4Ngakhala kakhulu ngokuba kungafunyanwanga namunye ofanele ukuyivula
leyo ncwadi, abuke kuyo.

5 Omunye wamalunga wayesethi kimi: Ungakhali; bheka, inqobile
iNgonyama yesizwe sakwaJuda, iMpande kaDavide, ukuba ivule incwadi
nezimpawu zayo eziyisikhombisa.

6 Ngase ngibona ngaphakathi kwesihlalo sobukhosi nezidalwa ezine
nangaphakathi kwamalunga kumi iWundlu kungathi lihlatshiwe,
linezimpondo eziyisikhombisa namehlo ayisikhombisa angoMoya
abayisikhombisa bakaNkulunkulu abathunyelwe emhlabeni wonke.

7Leza, layithabatha esandleni sokunene sakhe owayehlezi esihlalweni
sobukhosi.

8 Kuthe seliyithabathile incwadi, izidalwa ezine namalunga angamashumi
amabili nane awa phansi phambi kweWundlu, kuyilelo nalelo linehabhu
nezitsha zegolide zigcwele impepho eyimikhuleko yabangcwele.

9 Ahlabelela igama elisha, athi: Ufanele wena ukuyithabatha incwadi
nokuvula izimpawu zayo, ngokuba wahlatshwa, wabathengela uNkulunkulu
ngegazi lakho abavela kuyo yonke imindeni, nezilimi, nabantu, nezizwe,

10 wabenza babe ngumbuso nabapristi kuNkulunkulu wethu, babuse
emhlabeni.

11 Ngase ngibona, ngezwa izwi lezingelosi eziningi zihaqe isihlalo sobukhosi,
nezidalwa, namalunga, nomumo wazo wawuyizigidi zezigidi
nezinkulungwane zezinkulungwane,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 zithi ngezwi elikhulu: Lifanele iWundlu elahlatshwayo ukwamukela
amandla nengcebo, nokuhlakanipha, nokunqoba, nodumo, nenkazimulo,
nesibusiso.

13 Nakho konke okudaliweyo okusezulwini, nokusemhlabeni, naphansi
komhlaba, naselwandle, nakho konke okukukho, ngakuzwa kuthi: Kuyena
ohlezi esihlalweni sobukhosi nakulo iWundlu makube yisibusiso, nodumo,
nenkazimulo, namandla kuze kube phakade naphakade.

14 Nezidalwa ezine zathi: Amen, namalunga awa phansi, akhuleka.

## IsAmbulo 6

### IWundlu livula izimpawu eziyisithupha zokuqala

1 Ngase ngibona lapho iWundlu livula olunye lwezimpawu eziyisikhombisa,
ngezwa esinye sezidalwa ezine sisho njengezwi lokuduma, sithi: Woza!

2 Ngabona, bheka, nanto ihhashi elimhlophe, nohlezi phezu kwalo ephethe
umnsalo wanikwa umqhele, waphuma engonqobayo nokuyakunqoba.

3Nalapho livula uphawu lwesibili, ngezwa isidalwa sesibili sithi: Woza!

4 Kwase kuphuma elinye ihhashi elibomvu, nohlezi phezu kwalo waphiwa
ukususa ukuthula emhlabeni, ukuze babulalane, wanikwa nenkemba enkulu.

5 Kuthe selivula uphawu lwesithathu, ngezwa isidalwa sesithathu sithi: Woza!
Ngase ngibona, bheka, nanto ihhashi elimnyama nohlezi phezu kwalo
ephethe isilinganiso ngesandla sakhe.

6Ngase ngizwa kungathi izwi phakathi kwezidalwa ezine lithi: Imbenge
kakolweni ngodenariyu nezimbenge ezintathu zebhali ngodenariyu, kepha
amafutha newayini ungakoni.

7Nalapho livula uphawu lwesine, ngezwa izwi lesidalwa sesine sithi: Woza!

8 Ngase ngibona, bheka, nanto ihhashi elimpofu nohlezi phezu kwalo, igama
lakhe lalingukuFa, neHayidese lalandelana naye; base benikwa amandla
phezu kokwesine komhlaba ukuba babulale ngenkemba, nangendlala,
nangokufa, nangezilwane zomhlaba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

9 Nalapho selivula uphawu lwesihlanu, ngabona phansi kwe-altare imiphefumulo yababebulewe ngenxa yezwi likaNkulunkulu nangenxa yobufakazi ababe nabo.

10 Bamemeza ngezwi elikhulu, bathi: Koze kube nini, Mbusi ongcwele noqinisileyo, ungahluleli, uphindisele igazi lethu kulaba abakhileyo emhlabeni na?

11 Base benikwa, kwaba yilowo nalowo ingubo ende emhlophe, kwashiwo kubo ukuba baphumule isikhashana, baze baphelele abayizinceku kanye nabo nabazalwane babo ababezakubulawa njengabo.

12 Ngase ngibona lapho livula uphawu lwesithupha, kwaba khona ukuzamazama okukhulu komhlaba, nelanga laba mnyama njengendwangu yesaka loboya, nenyanga yonke yaba njengegazi,

13 nezinkanyezi zezulu zawela emhlabeni njengomkhiwane uvuthulula umphobo wawo, nxa uzanyazanyiswa ngumoya omkhulu,

14 nezulu lagoqwa njengomqulu wencwadi usongwa, nezintaba zonke neziqhingi zasuswa ezindaweni zazo.

15 Namakhosi omhlaba nezikhulu, nezinduna, nabacebileyo, nabanamandla, nezigqila zonke, nabakhululekileyo bacasha emihumeni nasemaweni ezintaba;

16 base bethi ezintabeni nasemaweni: Welani phezu kwethu, nisisithe ebusweni balowo ohlezi esihlalweni sobukhosi nasolakeni lweWundlu,

17 ngokuba usuku olukhulu lolaka lwabo selufikile; ngubani-ke onamandla okuma na?

## IsAmbulo 7

### Izinceku phakathi kwezizwe zakwa-Israyeli ziyabekwa uphawu

1 Emva kwalokho ngabona izingelosi ezine zimi emagumbini omane omhlaba, zibamba imimoya emine yomhlaba, ukuze kungavunguzi moya emhlabeni, naselwandle, nakowodwa umuthi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2Ngase ngibona enye ingelosi yenyuka empumalanga, inophawu
lukaNkulunkulu ophilayo, yamemeza ngezwi elikhulu kuzo izingelosi ezine
ezanikwa ukuba ziwone umhlaba nolwandle,

3 yathi: Ningoni umhlaba, nolwandle, nemithi, size sizibeke uphawu izinceku
zikaNkulunkulu wethu emabunzini azo.

4 Ngase ngizwa umumo wababekwa uphawu, izinkulungwane eziyikhulu
namashumi amane nane, ababekwa uphawu ezizweni zonke zabantwana
bakwa-Israyeli:

5Esizweni sakwaJuda babekwa uphawu abayizinkulungwane eziyishumi
nambili, esizweni sakwaRubeni abayizinkulungwane eziyishumi nambili,
esizweni sakwaGadi abayizinkulungwane eziyishumi nambili,

6esizweni sakwa-Asheri abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni
sakwaNafetali abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni
sakwaManase abayizinkulungwane eziyishumi nambili,

7esizweni sakwaSimeyoni abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni
sakwaLevi abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni sakwa-Isakare
abayizinkulungwane eziyishumi nambili,

8esizweni sakwaZabuloni abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni
sakwaJosefa abayizinkulungwane eziyishumi nambili, esizweni
sakwaBenjamini abayizinkulungwane eziyishumi nambili.

9 Emva kwalokho ngabona, bheka-ke, isixuku esikhulu ebesingenakubalwa
muntu, sivela kuzo zonke izizwe, nemindeni, nabantu, nezilimi, simi phambi
kwesihlalo sobukhosi naphambi kweWundlu, sembethe izingubo ezinde
ezimhlophe, siphethe amahlamvu esundu ngezandla zaso,

10 samemeza ngezwi elikhulu, sithi: Insindiso ngekaNkulunkulu wethu ohlezi
esihlalweni sobukhosi neyeWundlu!

11 Nezingelosi zonke ezazimi zihaqe isihlalo sobukhosi namalunga nezidalwa
ezine zawa phansi ngobuso phambi kwesihlalo sobukhosi, zakhuleka
kuNkulunkulu, zathi:

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Amen! Isibusiso, nenkazimulo, nokuhlakanipha, nokubongwa, nodumo, namandla, nokunqoba makube kuNkulunkulu wethu kuze kube phakade naphakade. Amen!

13 Elinye lamalunga lase liphendula, lithi kimi: Laba abembethe izingubo ezimhlophe bangobani, bavelaphi, na?

14 Ngase ngithi kulo: Nkosi yami, nguwe owaziyo. Lase lithi kimi: Laba yibo abaphuma osizini olukhulu, bahlanza izingubo zabo, bazenza zaba mhlophe egazini leWundlu.

15 Ngalokho-ke baphambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu bemkhonza imini nobusuku ethempelini lakhe, nohlezi esihlalweni sobukhosi uyakumisa itabernakele phezu kwabo.

16 Kabasayikulamba, kabasayikoma kabasoze bahlatshwa yilanga nakushisa kuni,

17 ngokuba iWundlu elingaphakathi nesihlalo sobukhosi liyakubelusa, libaholele emithonjeni yamanzi okuphila; noNkulunkulu uyakwesula izinyembezi zonke emehlweni abo.

## IsAmbulo 8

### Kuvulwa uphawu lwesikhombisa

1 Kuthe ukuba liluvule uphawu lwesikhombisa, kwathi du ezulwini kungathi inxenye yehora.

2 Ngase ngibona izingelosi eziyisikhombisa zimi phambi kukaNkulunkulu, zanikwa amacilongo ayisikhombisa.

3 Kwase kufika enye ingelosi, yema ngase-altare inesitsha segolide sempepho, yanikwa impepho eningi ukuba iyelekele emikhulekweni yabangcwele bonke phezu kwe-altare legolide eliphambi kwesihlalo sobukhosi.

4 Kwase kwenyuka esandleni sengelosi umusi wempepho nemikhuleko yabangcwele phambi kukaNkulunkulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

5 Ingelosi yayisithabatha isitsha sempepho, yasigcwalisa ngomlilo wase-
altare, yasiphonsa emhlabeni; kwase kuba khona ukuduma, namazwi,
nemibani, nokuzamazama komhlaba.

**Izingelosi eziyisikhombisa zimi phambi kukaNkulunkulu ziphethe amacilongo. Ezine zokuqala ziyabetha amacilongo**

6Izingelosi eziyisikhombisa ezazinamacilongo ayisikhombisa zazilungiselela
ukubetha.

7 Eyokuqala yayisibetha; kwase kuba khona isichotho nomlilo kuxutshaniswe
negazi, kwaphonswa emhlabeni; okwesithathu komhlaba kwasha
kwaqothuka, nokwesithathu kwemithi kwasha kwaqothuka, nabo bonke
utshani obuluhlaza basha baqothuka.

8 Ingelosi yesibili yayisibetha; kwangathi intaba enkulu ivutha umlilo,
yaphonswa elwandle; okwesithathu kolwandle kwaba yigazi,

9kwafa okwesithathu kokudaliweyo okwakuselwandle okuphilayo,
nokwesithathu kwemikhumbi kwabhujiswa.

10 Ingelosi yesithathu yayisibetha; kwase kuwa ezulwini inkanyezi enkulu
ivuthisa okwesibani, yawela phezu kokwesithathu kwemifula naphezu
kwemithombo yamanzi.

11Igama lenkanyezi lithiwa uMhlonyane. Okwesithathu kwamanzi kwaba
ngumhlonyane, nabaningi kubantu bafa ngamanzi, ngokuba enziwa ababa.

12 Ingelosi yesine yayisibetha; kwashaywa okwesithathu kwelanga,
nokwesithathu kwenyanga, nokwesithathu kwezinkanyezi, ukuze
okwesithathu kwakho kufiphazwe, nemini ingakhanyi okwesithathu kwayo,
nobusuku ngokunjalo.

13 Ngase ngibona, ngezwa ukhozi lundiza emkhathini wezulu, lumemeza
ngezwi elikhulu, luthi: Maye, maye, maye kwabakhileyo emhlabeni ngokunye
ukukhala kwecilongo lezingelosi ezintathu ezisezakubetha!

## IsAmbulo 9

**Ingelosi yesihlanu iyabetha icilongo**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Ingelosi yesihlanu yayisibetha; ngase ngibona inkanyezi ivela ezulwini, iwela emhlabeni, yanikwa isihluthulelo somgodi wakwalasha.

2 Yayisivula umgodi wakwalasha; kwenyuka umusi emgodini njengomusi weziko elikhulu, kwafiphazwa ilanga nomkhathi ngomusi womgodi.

3 Kwaphuma isikhonyane emsini, seza emhlabeni, sanikwa amandla njengamandla abanawo ofezela bomhlaba.

4 Kwathiwa kuso masingoni utshani bomhlaba, nanye into eluhlaza, nowodwa umuthi, kuphela labo bantu abangenalo uphawu lukaNkulunkulu emabunzini abo.

5 Sanikwa ukuba singababulali kepha sibahluphe izinyanga eziyisihlanu; nokuhlushwa kwabo kwaba njengobuhlungu bukafezela, nxa emqosela umuntu.

6 Ngaleyo mihla abantu bayakufuna ukufa, bangaze bakufumana; futhi bayakufisa ukufa, kepha ukufa kubabalekele.

7 Nesimo sesikhonyane sasifana namahhashi alungiselwe ukulwa, nasemakhanda aso kukhona okunjengemiqhele efana negolide, nobuso bunjengobuso babantu;

8 futhi sasinezinwele ezinjengezinwele zabesifazane, namazinyo aso ayenjengawezingonyama,

9 sinezivikelo zezifuba njengezivikelo zensimbi, nomdumo wamaphiko aso wawunjengomdumo wezinqola zamahhashi amaningi egijimela ekulweni.

10 Sasinemisila efana neyawofezela inezindosi, nasemisileni yaso kukhona amandla aso okona abantu izinyanga eziyisihlanu.

11 Sinenkosi phezu kwaso, ingelosi yakwalasha, igama layo ngesiHeberu lingu-Abadoni, kepha ngesiGreki inegama lokuthi u-Apholiyoni.

12 UMaye wokuqala udlulile; bheka, kuseza oMaye ababili ngasemva kwalokho.

### Ingelosi yesithupha iyabetha

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 Ingelosi yesithupha yayisibetha; ngezwa izwi livela ezimpondweni ezine ze-altare legolide eliphambi kukaNkulunkulu,

14 lithi kuyo ingelosi yesithupha enecilongo: Thukulula izingelosi ezine eziboshwe ngasemfuleni omkhulu u-Ewufrathe.

15 Zase zithukululwa izingelosi ezine ezilungiselwe ihora, nosuku, nenyanga, nomnyaka, ukuba zibulale okwesithathu kwabantu.

16 Umumo wezimpi zabakhwele amahhashi wawungukuphindwa kabili kwezinkulungwane eziyishumi ziphindwe kazinkulungwane eziyishumi.

17 Nakanjalo ngabona ngombono amahhashi nabakhwele kuwo benezivikelo zezifuba, zibomvu njengomlilo nezehiyakinte nezesibabule; namakhanda amahhashi ayenjengamakhanda ezingonyama, nasemilonyeni yawo kuphuma umlilo, nomusi, nesibabule.

18 Ngalezo zinhlupho ezintathu kwabulawa okwesithathu kwabantu ngomlilo, nangomusi, nangesibabule, okwaphuma emilonyeni yawo.

19 Ngokuba amandla amahhashi asemilonyeni yawo nasemisileni yawo; ngokuba imisila yawo ifana nezinyoka, inamakhanda ona ngawo.

20 Kepha abaseleyo babantu abangabulawanga ngalezo zinhlupho abaphendukanga emisebenzini yezandla zabo ukuba bangakhuleki kuwo amademoni, nezithombe zegolide, nezesiliva, nezethusi, nezamatshe, nezemithi, ezingenakho ukubona, nakuzwa, nakuhamba,

21 futhi abaphendukanga ekubulaleni kwabo, nasekuthakatheni kwabo, nasebufebeni babo, nasekwebeni kwabo.

## IsAmbulo 10

### Ingelosi enencwadi evulekileyo

1 Ngase ngibona enye ingelosi enamandla yehla ezulwini yembethe ifu, nothingo lwenkosikazi lwaluphezu kwekhanda layo, nobuso bayo babunjengelanga, nezinyawo zayo zinjengezinsika zomlilo,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

2iphethe esandleni sayo incwadi encane evulekileyo. Yayisimisa unyawo lwayo lokunene phezu kolwandle nolokhohlo phezu komhlabathi,

3yamemeza ngezwi elikhulu njengokubhonga kwengonyama, nalapho isimemezile, imidumo eyisikhombisa yezwakalisa amazwi ayo.

4 Nalapho imidumo eyisikhombisa isikhulumile, ngase ngizakuloba; kepha ngezwa izwi livela ezulwini, lithi: Namathisela ngophawu okukhulunywe yimidumo eyisikhombisa, kodwa ungakulobi.

5 Ingelosi engayibona imi phezu kolwandle naphezu komhlabathi yayisiphakamisela ezulwini isandla sayo sokunene,

6 yafunga yena ophilayo kuze kube phakade naphakade, owadala izulu nokukulo, nomhlaba nokukuwo, nolwandle nokukulo, yathi: Akusayikubakho isikhathi,

7 kepha ngezinsuku zezwi lengelosi yesikhombisa, lapho isizakubetha icilongo, imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe, njengalokho azazisa izinceku zakhe abaprofethi ngezindaba ezijabulisayo.

8Izwi engalizwa livela ezulwini lase liphinda likhuluma nami, lithi: Hamba uye uthabathe incwadi evulekileyo esesandleni sengelosi emi phezu kolwandle naphezu komhlabathi.

9 Ngaya kuyo ingelosi; ngase ngithi kuyo mayinginike incwadi encane. Yayisithi kimi: Yithabathe, uyidle uyiqede; izakubaba esiswini sakho, kepha emlonyeni wakho iyakuba mnandi njengezinyosi.

10Ngase ngiyithatha incwadi encane esandleni sengelosi, ngayidla ngayiqeda; yayisiba mnandi njengezinyosi emlonyeni wami; nalapho sengiyidlile, yababa esiswini sami.

11 Zase zithi kimi: Kumelwe ukuba uphinde uprofethe ngabantu abaningi, nezizwe, nezilimi, namakhosi.

## IsAmbulo 11

**UJohane uyatshelwa ukulinganisa ithempeli likaNkulunkulu. Ofakazi ababili bakaNkulunkulu**

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

1 Nganikwa uhlanga lufana nenduku, kwathiwa: Sukuma, ulinganise
ithempeli likaNkulunkulu, ne-altare, nabakhulekayo kulo.

2 Kepha igceke elingaphandle kwethempeli ulishiye ngaphandle,
ungalilinganisi, ngokuba linikwe izizwe, nomuzi ongcwele ziyakuwunyathela
phansi izinyanga ezingamashumi amane nambili.

3 Ngiyakubanika ofakazi bami ababili ukuba baprofethe izinsuku
eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha bembethe
indwangu yamasaka.

4 Labo bayiminqumo emibili nezinti zezibani ezimbili ezimi phambi
kweNkosi yomhlaba.

5 Uma kukhona ofuna ukona laba, kuphuma umlilo emlonyeni wabo, udle
izitha zabo, uziqede; yebo, uma kukhona ofuna ukona laba, kumelwe ukuba
abulawe kanjalo.

6 Banamandla laba okuvala izulu ukuba lingani ngezinsuku zokuprofetha
kwabo, futhi banamandla phezu kwamanzi okuwaphendula igazi
nawokushaya umhlaba ngezinhlupho zonke, noma kungaba kangaki
ngokuthanda kwabo.

7 Kuyakuthi sebebuqedile ubufakazi babo, isilo esiphuma kwalasha siyakulwa
nabo, sibanqobe, sibabulale.

8 Nezidumbu zabo ziyakusala ezitaladini zomuzi omkhulu othiwa ngokomoya
iSodoma neGibithe, lapho neNkosi yabo yabethelwa khona.

9 Abanye kubantu nabemindeni nabezilimi nabezizwe bayakuzibona izidumbu
zabo izinsuku ezintathu nenxenye, bengavumi ukuba izidumbu zabo zifakwe
ethuneni.

10 Nabakhileyo emhlabeni bayakujabula ngabo, bethabe, bathumelane izipho,
ngokuba laba baprofethi ababili babebahluphile abakhileyo emhlabeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

11Kwathi emva kwalezo zinsuku ezintathu nenxenye umoya wokuphila ovela kuNkulunkulu wangena kubo; base bema ngezinyawo zabo, nababebonayo behlelwa ngukwesaba okukhulu.

12 Bezwa izwi elikhulu livela ezulwini, lithi kubo: Yenyukelani lapha. Base benyukela ezulwini ngefu, nezitha zabo zababona.

13 Ngalelo hora kwaba khona ukuzamazama okukhulu komhlaba, kwawa okweshumi komuzi, nangokuzamazama komhlaba kwabulawa abantu abayizinkulungwane eziyisikhombisa, nabaseleyo bashaywa luvalo, bamdumisa uNkulunkulu wezulu.

14 Kwadlula uMaye wesibili; bheka, uMaye wesithathu uyeza masinyane.

### Icilongo lesikhombisa

15 Ingelosi yesikhombisa yayisibetha; kwase kuba khona amazwi amakhulu ezulwini athi: Umbuso wezwe usungoweNkosi yethu nokaKristu wayo; iyakubusa kuze kube phakade naphakade.

16 Namalunga angamashumi amabili nane ahlezi phambi kukaNkulunkulu ezihlalweni zawo zobukhosi akhothama ngobuso bawo, akhuleka kuNkulunkulu,

17 ethi: Siyakubonga, Nkosi Nkulunkulu, Mninimandla onke, okhona nowawukhona, ngokuba uthabathe amandla akho amakhulu, wabusa;

18 nezizwe zazinolaka, kepha kwafika ulaka lwakho, nesikhathi sokwahlulelwa kwabafileyo, nokunika umvuzo izinceku zakho, abaprofethi nabangcwele nabesabayo igama lakho, abancane nabakhulu, nokubhubhisa ababhubhisa umhlaba.

19 Kwase kuvulwa ithempeli likaNkulunkulu elisezulwini, kwabonakala umphongolo wesivumelwano sakhe ethempelini lakhe; kwase kuba khona imibani, namazwi, nokuduma, nokuzamazama komhlaba, nesichotho esikhulu.

## IsAmbulo 12

### Owesifazane nodrako*

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

1Kwaba khona ezulwini isibonakaliso esikhulu: owesifazane embethe ilanga, nenyanga iphansi kwezinyawo zakhe, nasekhanda lakhe kukhona umqhele wezinkanyezi eziyishumi nambili,

2ekhulelwe wakhala, enemihelo esikwa ngubuhlungu bokubeletha.

3Kwabonakala esinye isibonakaliso ezulwini; bheka, nango udrako omkhulu obomvu, enamakhanda ayisikhombisa nezimpondo eziyishumi, nasemakhanda akhe enemiqhele eyisikhombisa;

4 umsila wakhe wadonsa okwesithathu kwezinkanyezi zezulu, waziphonsa emhlabeni. Nodrako wema phambi kowesifazane obezakubeletha, ukuze kuthi nxa esebelethile, ashwabadele umntwana wakhe.

5 Wabeletha umntwana wesilisa ozakubusa izizwe zonke ngentonga yensimbi, nomntanakhe wahlwithelwa kuNkulunkulu nasesihlalweni sakhe sobukhosi.

6 Owesifazane wayesebalekela ehlane, lapho enendawo ayilungiselwe nguNkulunkulu, ukuba bamondle izinsuku eziyinkulumgwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha.

### UMikayeli uyalwa nodrako*

7 Kwase kuba khona ukulwa ezulwini; uMikayeli nezingelosi zakhe balwa nodrako. Nodrako walwa enezingelosi zakhe,

8kepha kabaze banqoba, nendawo yabo kayabe isafunyanwa ezulwini.

9Wayesephonswa phansi udrako omkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke, waphonswa phansi emhlabeni, nezingelosi zakhe zaphonswa kanye naye.

10 Ngase ngizwa izwi elikhulu ezulwini, lithi: Kalokhu insindiso namandla nobukhosi ngokukaNkulunkulu wethu, nombuso ngokaKristu wakhe, ngokuba uphonswe phansi ummangaleli wabazalwane bethu obamangalelayo phambi kukaNkulunkulu wethu imini nobusuku.

11 Nabo uqobo lwabo bamnqoba ngegazi leWundlu nangezwi lobufakazi babo, futhi abakuthandanga ukuphila kwabo kwaze kwaba sekufeni.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

12 Ngalokho thokozani nina mazulu nabahlala kuwo; maye kuwe mhlaba nakuwe lulwandle, ngokuba uSathane wehlele kini enolaka olukhulu, azi ukuthi unesikhathi esifushane!

13 Kuthe udrako esebona ukuthi usephonswe phansi emhlabeni, wazingela owesifazane owayezale umntwana wesilisa.

14 Owesifazane wayesenikwa amaphiko amabili okhozi olukhulu ukuba andizele ehlane endaweni yakhe lapho ondliwa khona isikhathi, nezikhathi, nenxenye yesikhathi, engekho ebusweni benyoka.

15 Nenyoka yakhwifa, kwaphuma emlonyeni wayo emva kowesifazane amanzi kungathi umfula ukuba immukise nomfula.

16 Umhlaba wamsiza owesifazane, umhlaba wakhamisa umlomo wawo, wawuminza umfula owawukhwifa udrako ngomlomo wakhe.

17 Udrako wamthukuthelela owesifazane, wamuka, wayokulwa nabaseleyo benzalo yakhe, labo abagcina imiyalo kaNkulunkulu nabanobufakazi bukaJesu.

18 Ngema esihlabathini solwandle.

## IsAmbulo 13

### Izilo ezimbili

1 Ngase ngibona isilo sikhuphuka elwandle, sinezimpondo eziyishumi namakhanda ayisikhombisa, nasezimpondweni zaso kukhona imiqhele eyishumi nasemakhanda aso kukhona amagama enhlamba.

2 Isilo engasibonayo sasifana nengwe, nezinyawo zaso zazinjengezebhere, nomlomo waso wawunjengomlomo wengonyama. Udrako wasinika amandla akhe, nesihlalo sakhe sobukhosi, nokubusa okukhulu.

3 Elinye lamakhanda aso kungathi lalidebezwe okokufa, kepha ingozi yaso yokufa yelashwa, umhlaba wonke walandela isilo, umangala;

4 bakhuleka kudrako, ngokuba wanika isilo amandla akhe, bakhuleka nakuso isilo, bethi: Ngubani ofana nesilo, ngubani ongalwa naso na?

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

5 Sase sinikwa umlomo wokukhuluma izinto ezinkulu nenhlamba, sanikwa
amandla okwenza lokho izinyanga ezingamashumi amane nambili.

6Savula umlomo waso ukuhlambalaza uNkulunkulu, ukuhlambalaza igama
lakhe netabernakele lakhe, nabo abahlezi ezulwini.

7 Sanikwa ukuba silwe nabangcwele, sibanqobe; sanikwa futhi amandla
phezu kwemindeni yonke, nabantu, nezilimi, nezizwe.

8 Bayakhuleka kuso bonke abakhileyo emhlabeni, wonke ogama lakhe
lingalotshwanga encwadini yokuphila yeWundlu elihlatshiweyo, selokhu
kwasekelwa umhlaba.

9 Uma ekhona onendlebe, makezwe.

10 Uma ekhona oyisa ekuthunjweni, uya naye ekuthunjweni; uma ekhona
obulala ngenkemba, umelwe naye ukubulawa ngenkemba. Nakhu
ukubekezela nokukholwa kwabangcwele.

11Ngase ngibona esinye isilo siphuma emhlabeni, sinezimpondo ezimbili
ezifana nezewundlu, kepha sikhuluma njengodrako.

12Amandla onke esilo sokuqala siyawenza phambi kwaso. Siyenza ukuba
umhlaba nabo bonke abakhileyo kuwo bakhuleke kuso isilo sokuqala esingozi
yaso yelashwa.

13 Senza nezibonakaliso ezinkulu, size senze nomlilo uphume ezulwini,
wehlele emhlabeni phambi kwabantu.

14 Futhi sibadukisa abakhileyo emhlabeni ngezibonakaliso esazinikwayo
ukuba sizenze phambi kwesilo, sithi kwabakhileyo emhlabeni mabasenzele
umfanekiso isilo, ebesinenxeba lenkemba kepha sasinda.

15 Sanikwa futhi ukuba siwuphe umfanekiso wesilo umoya, ukuze umfanekiso
wesilo ukhulume, senze futhi ukuba bonke abangakhuleki kumfanekiso
wesilo babulawe.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

16 Senza futhi ukuba bonke, abancane nabakhulu, nabacebileyo nabampofu,
nabakhululekileyo nabayizigqila, bazibeke uphawu esandleni sabo sokunene
noma ebunzini labo

17 ukuba angabikho ongathenga nokuba athengise, uma engenalo uphawu,
igama lesilo noma isibalo segama laso.

18 Nakhu ukuhlakanipha. Onengqondo makabale isibalo sesilo, ngokuba
siyisibalo somuntu. Nesibalo sakhe singamakhulu ayisithupha namashumi
ayisithupha nesithupha.

## IsAmbulo 14

### IWundlu nababekwe uphawu lukaNkulunkulu bemi entabeni yaseSiyoni

1 Ngase ngibona; bheka, iWundlu limi entabeni yaseSiyoni, kumi kanye nalo
abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane, benegama lalo
negama likaYise lilotshwe emabunzini abo.

2 Ngase ngizwa izwi livela ezulwini, linjengezwi lamanzi amaningi
nanjengezwi lokuduma okukhulu; nezwi engalizwayo lalinjengelababetha
amahabhu, bebetha amahabhu abo.

3 Bahlabelela igama elisha phambi kwesihlalo sobukhosi, naphambi
kwezidalwa ezine, namalunga; kepha akubangakho onamandla okufunda lelo
gama, kuphela abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane
abathengiweyo emhlabeni.

4 Labo yibo abangangcoliswanga yisifazane, ngokuba bayizintombi. Labo yibo
abalandela iWundlu noma liyaphi. Labo bathengwa ebantwini, babe lulibo
kuNkulunkulu nakulo iWundlu,

5 nasemlonyeni wabo akufunyaniswanga amanga; kabanasici.

### Izingelosi ezintathu zimemezela ukwahlulela

6Ngase ngibona enye ingelosi indiza emkhathini wezulu, inevangeli
eliphakade ilishumayela kwabahlezi emhlabeni, nakuzo zonke izizwe,
nemindeni, nezilimi, nabantu,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

7 isho ngezwi elikhulu, ithi: Mesabeni uNkulunkulu, nimnike inkazimulo, ngokuba ihora lokwahlulela kwakhe selifikile; nikhuleke kuye owenza izulu nomhlaba nolwandle nemithombo yamanzi.

8 Yayisilandela enye ingelosi, ithi: Liwile, liwile iBabiloni elikhulu, eliphuzise izizwe zonke iwayini lolaka lobufebe balo.

9 Yalandela enye ingelosi yesithathu, ithi ngezwi elikhulu: Uma kukhona okhuleka kuso isilo nomfanekiso waso, elwamukela futhi uphawu ebunzini lakhe noma esandleni sakhe,

10 naye uyakuliphuza iwayini lolaka lukaNkulunkulu elilungisiwe esitsheni solaka lwakhe, lingaxutshiwe, ahlushwe ngomlilo nesibabule phambi kwezingelosi ezingcwele naphambi kweWundlu.

11 Nomusi wokuhlushwa kwabo uyenyuka kuze kube phakade naphakade; abasenakuphumula imini nobusuku abakhuleka kuso isilo nomfanekiso waso nalowo owamukela uphawu lwegama laso.

12 Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa nguJesu.

13 Ngase ngizwa izwi livela ezulwini, lithi: Loba ukuthi: Babusisiwe abafileyo abafele eNkosini kusukela kulesi sikhathi. Yebo, usho uMoya, ukuze baphumule ekukhandlekeni kwabo; ngokuba imisebenzi yabo iyabalandela.

### Izingelosi ezimbili zokuvuna

14 Ngase ngibona; bheka, nanto ifu elimhlophe, naphezu kwefu kuhlezi ofana nendodana yomuntu enomqhele wegolide ekhanda lakhe nasesandleni sakhe enesikela elibukhali.

15 Enye ingelosi yayisiphuma ethempelini, imemeza ngezwi elikhulu, ithi kohlezi phezu kwefu: Faka isikela lakho, uvune, ngokuba kufikile isikhathi sokuvuna, ngokuba sekomile okuvunwayo komhlaba.

16 Ohlezi phezu kwefu wayeseliphonsa isikela emhlabeni; wawusuvunwa umhlaba.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

17Enye ingelosi yayisiphuma ethempelini elisezulwini, nayo inesikela elibukhali.

18Nenye ingelosi futhi yaphuma e-altare, inamandla phezu komlilo, yamemeza ngezwi elikhulu kuyo ebinesikela elibukhali, ithi: Faka isikela lakho elibukhali, ubuthe amahlukuzo omvini womhlaba, ngokuba izithelo zomvini zivuthiwe.

19 Ingelosi yayisiliphonsa isikela layo emhlabeni, yawuvuna umvini womhlaba, yawuphonsa esikhamweni sewayini esikhulu solaka lukaNkulunkulu.

20Isikhamo sanyathelwa ngaphandle komuzi, kwaphuma igazi esikhamweni, laze lafika ematomini amahhashi, liqeda amastadiyu ayinkulungwane namakhulu ayisithupha.

## IsAmbulo 15

### Izingelosi eziyisikhombisa nezinhlupho eziyisikhombisa zokugcina

1 Ngase ngibona esinye isibonakaliso ezulwini esikhulu nesimangalisayo: izingelosi eziyisikhombisa zinezinhlupho eziyisikhombisa zokugcina, ngokuba kwapheleliswa ngazo ulaka lukaNkulunkulu.

2Ngabona kungathi ulwandle lwengilazi luxubene nomlilo, nabavela ekunqobeni isilo nomfanekiso waso nesibalo segama laso bemi ngaselwandle lwengilazi, benamahabhu kaNkulunkulu.

3 Bahlabelela igama likaMose inceku kaNkulunkulu negama leWundlu, bathi: Mikhulu, iyamangalisa imisebenzi yakho, Nkosi Nkulunkulu, Mninimandla onke; zilungile, ziqinisile izindlela zakho wena Nkosi yezizwe;

4 ngubani ongayikwesaba, Nkosi, adumise igama lakho, na? Ngokuba wena wedwa ungcwele, nezizwe zonke ziyakuza zikhuleke phambi kwakho, ngokuba izenzo zakho zokulunga zibonakalisiwe.

5 Emva kwalokho ngabona, kwase kuvulwa ithempeli letabernakele lobufakazi ezulwini,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

6 kwaphuma ethempelini izingelosi eziyisikhombisa ezinezinhlupho
eziyisikhombisa, zembethe ingubo yelineni ehlanzekileyo nekhazimulayo,
zizibophe ezifubeni ngamabhande egolide.

7 Esinye sezidalwa ezine sanika izingelosi eziyisikhombisa izitsha zegolide,
zigcwele ulaka lukaNkulunkulu ophilayo kuze kube phakade naphakade.

8 Ithempeli lagcwala umusi ovela ekukhazimuleni kukaNkulunkulu
nasemandleni akhe; akakho owayengangena ethempelini, zingakapheleli
izinhlupho eziyisikhombisa zezingelosi eziyisikhombisa.

## IsAmbulo 16

### Ukuthululwa kwezitsha zezingelosi eziyisikhombisa

1 Ngase ngizwa izwi elikhulu livela ethempelini, lithi kuzo izingelosi
eziyisikhombisa: Hambani nithululele emhlabeni izitsha eziyisikhombisa
zolaka lukaNkulunkulu.

2 Eyokuqala yaya-ke, yathululela isitsha sayo emhlabeni; kwase kuvela
isilonda esibi esinobuhlungu kubantu abanophawu lwesilo nabakhuleka
kumfanekiso waso.

3 Neyesibili yathululela isitsha sayo elwandle; lwase luba yigazi
elinjengelofileyo, nakho konke okuzwayo okuphila elwandle kwafa.

4 Neyesithathu yathululela isitsha sayo emifuleni nasemithonjeni yamanzi,
kwase kuba yigazi.

5 Ngezwa ingelosi yamanzi ithi: Ulungile wena okhona nowawukhona,
oNgcwele, ngokuba wakunquma lokho,

6ngokuba bachitha igazi labangcwele nelabaprofethi, wabanika ukuba
baliphuze igazi; bakufanele.

7 Ngase ngizwa i-altare lithi: Yebo, Nkosi Nkulunkulu, Mninimandla onke,
ziqinisile, zilungile izahlulelo zakho.

8Eyesine yayisithululela isitsha sayo elangeni; lase linikwa ukubashisa abantu
ngomlilo.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Abantu bashiswa ngokushiswa okukhulu, kepha bahlambalaza igama
likaNkulunkulu onamandla phezu kwalezi zinhlupho, kodwa
abaphendukanga ukuba bamdumise.

10 Eyesihlanu yathululela isitsha sayo esihlalweni sobukhosi sesilo; nombuso
waso wenziwa mnyama, baluma izilimi zabo ngenxa yobuhlungu,

11 futhi bahlambalaza uNkulunkulu wezulu ngenxa yobuhlungu babo
nangenxa yezilonda zabo; kepha abaphendukanga emisebenzini yabo.

12 Eyesithupha yathululela isitsha sayo emfuleni omkhulu u-Ewufrathe; kwase
kusha amanzi awo, ukuze indlela ilungiselwe amakhosi avela empumalanga.

13 Ngabona kuphuma emlonyeni kadrako, nasemlonyeni wesilo,
nasemlonyeni womprofethi wamanga omoya abathathu abangcolileyo,
befana nezingxangxa;

14 ngokuba bangomoya bamademoni, benza izibonakaliso, abaphuma beya
emakhosini ezwe lonke ukubahlanganisela ekulweni kosuku olukhulu
lukaNkulunkulu uMninimandla onke.

15 Bheka, ngiyeza njengesela; ubusisiwe olindayo, alonde izingubo zakhe
ukuba angabi ngohamba ze, baze balibone ihlazo lakhe.

16 Wayesebahlanganisela endaweni ethiwa ngesiHeberu iHarmagedoni.

17 Eyesikhombisa yayisithululela isitsha sayo emoyeni; kwase kuphuma izwi
elikhulu ethempelini esihlalweni sobukhosi, lithi: Sekwenzekile.

18 Kwase kuba khona imibani, namazwi, nokuduma, kwaba khona
nokuzamazama okukhulu komhlaba okungazange kube khona okunjalo,
selokhu kwaba khona abantu emhlabeni, ukuzamazama komhlaba okukhulu
kangaka.

19 Umuzi omkhulu waba yizinqamu ezintathu, nemizi yabezizwe yawa.
NeBabiloni elikhulu lakhunjulwa phambi kukaNkulunkulu ukuba alinike
isitsha sewayini lolaka lwakhe oluvuthayo.

20 Iziqhingi zonke zabaleka, nezintaba azifunyaniswanga.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

21 Isichotho esikhulu esisinda njengetalenta sivela ezulwini sehlela phezu kwabantu; abantu bamhlambalaza uNkulunkulu ngenxa yohlupho lwesichotho, ngokuba uhlupho lwaso lulukhulu kakhulu.

## IsAmbulo 17

### Isifebe esikhulu esiyiBabiloni

1 Kwase kuza enye yezingelosi eziyisikhombisa ezazinezitsha eziyisikhombisa, yakhuluma nami, yathi: Woza lapha, ngikutshengise ukwahlulelwa kwesifebe esikhulu esihlezi phezu kwamanzi amaningi,

2 afeba naso amakhosi omhlaba, nabakhileyo emhlabeni badakiswa yiwayini lobufebe baso.

3 Yayisingiyisa ehlane ngikuMoya. Ngabona owesifazane ekhwele isilo esibomvu, sigcwele amagama enhlamba, sinamakhanda ayisikhombisa nezimpondo eziyishumi.

4 Nowesifazane wayembethe okububende nokubomvu, evunule ngegolide nangamatshe anenani nangamaparele, ephethe isitsha segolide ngesandla sakhe, sigcwele amanyala nokungcolileyo kobufebe bakhe,

5 nasebusweni bakhe kulotshiwe igama eliyimfihlakalo lokuthi: IBABILONI ELIKHULU, UNINA WEZIFEBE NOWAMANYALA OMHLABA

6 Ngase ngibona owesifazane edakiwe yigazi labangcwele negazi lawofakazi bakaJesu. Kuthe lapho ngimbona, ngamangala ngokumangala okukhulu.

### Ingelosi iyawuchasisela umbono wesifebe nowesilo

7 Yayisithi kimi ingelosi: Umangalelani na? Ngizakukutshela imfihlakalo yowesifazane neyesilo esimthweleyo, esinamakhanda ayisikhombisa nezimpondo eziyishumi.

8 Isilo owasibonayo sasikhona, asisekho; kepha sesizakwenyuka, siphuma kwalasha, siye ekubhujisweni; nabakhileyo emhlabeni bayakumangala, labo abamagama abo angalotshwanga encwadini yokuphila, selokhu kwasekelwa izwe, nxa bebona isilo ukuthi sasikhona, kepha asisekho, kanti sizakuba khona.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

9 Nansi ingqondo enokuhlakanipha. Amakhanda ayisikhombisa ayizintaba eziyisikhombisa, lapho owesifazane ehlezi phezu kwazo. Futhi zingamakhosi ayisikhombisa;

10 ayisihlanu asewile, enye ikhona, enye ayikafiki; nanxa isifikile, kumelwe ukuba ihlale isikhashana.

11 Nesilo esasikhona, kepha esingasekho, singesesishiyagalombili, sikuwo ayisikhombisa, siya ekubhujisweni.

12 Izimpondo eziyishumi owazibonayo zingamakhosi ayishumi angakamukeli umbuso, kepha amukeliswa amandla njengamakhosi ihora linye kanye nesilo.

13 Lawo anomqondo munye, anika isilo amandla nokubusa kwawo.

14 Ayakulwa neWundlu, neWundlu liyakuwanqoba, ngokuba liyiNkosi yamakhosi noMbusi wababusi, nabakanye nalo, ababiziweyo, nabakhethiweyo, nabathembekileyo.

15 Yayisithi kimi: Amanzi owabonayo, lapho sihlezi khona isifebe, angabantu, nezixuku, nezizwe, nezilimi.

16 Izimpondo eziyishumi owazibonayo, nesilo, lezi ziyakusizonda isifebe, zisenze incithakalo, sibe yize, zidle inyama yaso, zisishise ngomlilo, zisiqede;

17 ngokuba uNkulunkulu ukufakile ezinhliziyweni zazo ukuba zenze umqondo wakhe, ziwenze umqondo munye, zinike isilo umbuso wazo, aze agcwaliseke amazwi kaNkulunkulu.

18 Owesifazane owambonayo ungumuzi omkhulu onombuso phezu kwamakhosi omhlaba.

## IsAmbulo 18

### Ukuwa kweBabiloni

1 Emva kwalokho ngabona enye ingelosi yehla ezulwini, inamandla amakhulu, nomhlaba wakhanyiswa ngokukhazimula kwayo.

2 Yamemeza ngezwi elinamdla, yathi: Liwile, liwile iBabiloni elikhulu, selibe yindawo yokuhlala amademoni, nendawo yokubopha bonke omoya

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

abangcolileyo, nendawo yokubopha zonke izinyoni ezingcolileyo nezizondekayo,

3 ngokuba izizwe zonke ziphuzile iwayini lobufebe balo, namakhosi omhlaba afebile nalo, nabathengisi bomhlaba bacebile ngamandla okutamasa kwalo.

4 Ngase ngizwa elinye izwi livela ezulwini, lithi: Phumani kulo, bantu bami, ukuze ningahlanganyeli nalo izono zalo, nokuba ningamukeli okwezinhlupho zalo,

5 ngokuba izono zalo zifinyelele ezulwini, noNkulunkulu wakhumbula ukungalungi kwalo.

6 Buyiselani kulo njengalokho lona likwenzile, niphinde kabili okwemisebenzi yalo; esitsheni elalixuba kuso, xubani kabili kuso;

7 ngokungangalokho elizidumise latamasa ngakho, linikeni ukuhlupheka nokulila okungako. Ngokuba enhliziyweni yalo lithi: Ngihlezi ngiyinkosikazi, angisiye umfelokazi, futhi angisoze ngabona ukulila.

8 Ngakho kuyakufika ngalusuku lunye izinhlupheko zalo, ukufa, nokulila, nendlala, futhi liyakushiswa liqedwe ngomlilo; ngokuba iNkosi uNkulunkulu elahlulelayo inamandla.

9 Amakhosi omhlaba ayefeba nalo ehlala ngokutamasa ayakukhala ambongoze ngalo, nxa ebona umusi wokusha kwalo,

10 emi kude ngokwesaba ukuhlupheka kwalo ethi: Maye, maye kuwe muzi omkhulu waseBabiloni, muzi onamandla, ngokuba ngehora linye nje, kufikile ukwahlulelwa kwakho!

11 Nabathengisi bomhlaba bayalikhalela, balililele, ngokuba impahla yabo ayisathengwa muntu,

12 impahla yegolide neyesiliva, namatshe anenani, namaparele, nelineni elicolekileyo, nokububende, nosilika, nokubomvu, kanye nemithi yonke enamakha, nezitsha zonke zamazinyo endlovu, nezitsha zonke zomuthi onenani elikhulu, nezethusi, nezensimbi, nezetshe elimhlophe,

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

13 nokinamona, nokunephunga elimnandi, nempepho, namafutha okuqhola, nenhlaka, newayini, namafutha eminqumo, nempuphu ecolekileyo, nokolweni, nezinkomo, nezimvu, namahhashi, nezinqola, nezigqila, nemiphefumulo yabantu.

14 Nezithelo ezazifiswa ngumphefumulo wakho zimukile kuwe, nakho konke okunonileyo nokucwebezelayo konakele kuwe, akusoze kwabuye kufunyanwe.

15 Abathengisi balezo zinto abacetshisiwe yilo bayakumela kude ngokwesaba ukuhlupheka kwalo, bekhala belila,

16 bethi: Maye, maye kuwe muzi omkhulu owawembethe ilineni elicolekileyo, nokububende, nokubomvu, uvunule ngegolide nangamatshe anenani nangamaparele!

17 Ngokuba ngehora linye nje ingcebo engaka ichithekile. Nabashayeli bonke bemikhumbi, nabo bonke abaya nomaphi ngomkhumbi, namatilosi, nabo bonke abasebenza elwandle bemela kude,

18 badazuluka bebona umusi wokusha kwalo, bethi: Ngumuphi umuzi ofana nalowo muzi omkhulu na?

19 Base bethela uthuli emakhanda abo, badazuluka bekhala, belila bethi: Maye, maye kuwe muzi omkhulu, abacebile kuwe bonke abanemikhumbi elwandle ngenxa yengcebo enqabileyo yakho, ngokuba ngehora linye nje uchithekile!

20 Thokoza ngawo wena zulu, nani bangcwele, nani baphostoli, nani baprofethi; ngokuba uNkulunkulu uwahlulele, waniphindiselela kuwo.

21 Ingelosi enamandla yafukula itshe linjengelokusila elikhulu, yaliphonsa elwandle, yathi: Ngokunjalo iBabiloni umuzi omkhulu liyakuphonswa phansi ngamandla, lingabe lisafunyanwa.

22 Izwi lababetha ihabhu nelabahlabeleli nelababetha imitshingo namacilongo alisoze laphinda lizwakale kuwe, namuphi umlumbi noma

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

bible society
of south africa

owaluphi uhlobo akasoze wafunyaniswa kuwe, nomsindo wetshe lokusila awusoze wabuye uzwakale kuwe,

23 nokukhanya kwesibani akusoze kwaphinda kukhanye phakathi kwakho, nezwi lomyeni nelomlobokazi alisoze labuye lizwakale phakathi kwakho, ngokuba izizwe zonke zidukisiwe ngokuthakatha kwakho,

24 futhi kwafunyaniswa kuwe igazi labaprofethi nelabangcwele nelabo bonke ababebulewe emhlabeni.

## IsAmbulo 19

### Ezulwini kuyahalaliswa ngokuwa kweBabiloni

1 Emva kwalokho ngezwa kungathi izwi elikhulu lesixuku esikhulu ezulwini, lithi: Haleluya! Insindiso, nenkazimulo, namandla ngokukaNkulunkulu wethu,

2 ngokuba ziqinisile, zilungile izahlulelo zakhe; ngokuba isifebe esikhulu esonakalisa umhlaba ngobufebe baso, uliphindisele igazi lezinceku zakhe esandleni saso.

3 Bathi ngokwesibili: Haleluya! Nomusi waso wenyuka kuze kube phakade naphakade.

4 Ayesewa phansi amalunga angamashumi amabili nane kanye nezidalwa ezine, akhuleka kuNkulunkulu ohlezi esihlalweni sobukhosi, athi: Amen! Haleluya!

5 Kwase kuphuma izwi esihlalweni sobukhosi, lithi: Dumisani uNkulunkulu wethu nonke nina zinceku zakhe, nina enimesabayo, abancane nabakhulu.

6 Ngase ngizwa kungathi izwi lesixuku esikhulu, linjengezwi lamanzi amaningi, nezwi lokuduma okunamandla, lithi: Haleluya! Ngokuba iNkosi uNkulunkulu wethu, uMninimandla onke, iyabusa.

7 Masithokoze, sethabe, futhi masimnike inkazimulo, ngokuba umshado weWundlu ufikile, nomkalo uzilungisele;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8 wanikwa ukuba embathe ilineni elicolekileyo nelikhazimulayo nelihlanzekileyo, ngokuba ilineni elicolekileyo liyizenzo ezilungileyo zabangcwele.

9 Yayisithi kimi: Loba ukuthi: Babusisiwe abamenyelwe esidlweni somshado weWundlu. Yayisithi kimi: Lawo angamazwi aqinisileyo kaNkulunkulu.

10 Ngase ngiwa phansi phambi kwezinyawo ukukhuleka kuyo. Yayisithi kimi: Musa; ngiyinceku kanye nawe nabazalwane bakho abaphethe ubufakazi bukaJesu; khuleka kuNkulunkulu. Ngokuba ubufakazi bukaJesu bungumoya wokuprofetha.

### UKristu uyalwa nesilo

11 Ngase ngibona izulu livulekile; bheka, nanto ihhashi elimhlophe nohlezi phezu kwalo obizwa ngokuthi oThembekileyo noQinisileyo; uyahlulela, alwe ngokulunga.

12 Amehlo akhe angamalangabi omlilo, nasekhanda lakhe kukhona imiqhele eminingi; unegama elilotshiweyo elingaziwa muntu, nguyena kuphela;

13 wembethe ingubo efafazwe ngegazi; igama lakhe nguLizwi kaNkulunkulu.

14 Izimpi zasezulwini zamlandela zikhwele amahhashi amhlophe, zembethe ilineni elicolekileyo, elimhlophe nelihlanzekileyo.

15 Emlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali, ukuze ashaye izizwe ngayo; yena uyakuzibusa ngentonga yensimbi; yena uqobo uyanyathela isikhamo sewayini lentukuthelo yolaka lukaNkulunkulu uMninimandla onke.

16 Unegama lilotshiwe engutsheni yakhe nasethangeni lakhe elithi: INKOSI YAmaKhosi NOMBUSI WABABUSI

17 Ngase ngibona ingelosi imi elangeni, yamemeza ngezwi elikhulu ezinyonini zonke ezindizayo emkhathini wezulu, ithi: Wozani, nibuthane esidlweni esikhulu sikaNkulunkulu

18 ukuba nidle inyama yamakhosi, nenyama yezinduna, nenyama yamaqhawe, nenyama yamahhashi neyabakhwele kuwo, nenyama yabo bonke abakhululekileyo nabayizigqila, abancane nabakhulu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

19 Ngabona isilo, namakhosi omhlaba, nezimpi zawo zibuthene ukulwa naye owayehlezi ehhashini nempi yakhe.

20 Isilo sase sibanjwa nomprofethi wamanga okanye naso owenza izibonakaliso phambi kwaso, abadukisa ngazo abamukela uphawu lwesilo nabakhuleka kumfanekiso waso; labo bobabili baphonswa besezwa echibini lomlilo elivutha isibabule.

21 Nabaseleyo babulawa ngenkemba ephuma emlonyeni wakhe owayehlezi ehhashini, nezinyoni zonke zasutha inyama yabo.

## IsAmbulo 20

### Ukuboshwa kukaSathane

1 Ngase ngibona ingelosi yehla ezulwini, iphethe isihluthulelo sakwalasha neketanga elikhulu ngesandla sayo.

2 Yambamba udrako, inyoka endala, onguMhlebi noSathane, yambopha iminyaka eyinkulungwane,

3 yamphonsa-ke kwalasha, yamvalela phakathi, yamqinisa ngophawu ngaphezu kwakhe, ukuze angabe esadukisa izizwe, ize iphele iminyaka eyinkulungwane; emva kwalokho kumelwe ukuba athukululwe isikhashana.

### Ukuvuka kokuqala. Umbuso weminyaka eyinkulungwane

4 Ngase ngibona izihlalo zobukhosi; bahlala kuzo, banikwa ukwahlulela; ngabona nemiphefumulo yababenqunywe amakhanda ngenxa yokufakaza ngoJesu nangenxa yezwi likaNkulunkulu, nalabo abangakhulekanga kuso isilo nomfanekiso waso, nabangamukelanga uphawu lwesilo ebunzini labo nasesandleni sabo; baphila, babusa kanye noKristu iminyaka eyinkulungwane.

5 Abafileyo ababesele kabaphila yaze yaphela iminyaka eyinkulungwane. Lokhu kungukuvuka kokuqala.

6 Ubusisiwe, ungcwele onesabelo ekuvukeni kokuqala; kulabo ukufa kwesibili akunamandla, kepha bayakuba ngabapristi bakaNkulunkulu nabakaKristu, babuse kanye naye iminyaka eyinkulungwane.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

### Ukukhululwa kukaSathane

7Nanxa isiphelile iminyaka eyinkulungwane, uSathane uyakukhululwa etilongweni lakhe,

8 aphumele ukudukisa izizwe ezisemagumbini omane omhlaba, oGogi noMagogi, azibuthele ekulweni ezimumo wazo ungangesihlabathi solwandle.

9 Zase zikhuphukela ngaphezu kobubanzi bomhlaba, zakaka ikamu labangcwele nomuzi othandiweyo; kwehla umlilo uvela ezulwini, wazidla waziqeda;

10 noSathane owazidukisayo waphonswa echibini lomlilo nesibabule, lapho kukhona isilo nomprofethi wamanga; ziyakuhlushwa imini nobusuku kuze kube phakade naphakade.

### Ukwahlulelwa kokugcina

11 Ngase ngibona isihlalo sobukhosi esikhulu esimhlophe nohlezi kuso, obuso bakhe babalekelwa yizulu nomhlaba, akutholelwanga indawo.

12 Ngabona abafileyo, abakhulu nabancane, bemi phambi kwesihlalo sobukhosi; izincwadi zavulwa; nenye incwadi yavulwa, ngeyokuphila; nabafileyo bahlulelwa ngalokho okulotshiwe ezincwadini njengokwemisebenzi yabo.

13 Nolwandle lwakhipha abafileyo ababekulo, nokufa neHayidese kwakhipha abafileyo ababekukho, bahlulelwa yilowo nalowo njengokwemisebenzi yakhe.

14 Ukufa neHayidese kwaphonswa echibini lomlilo. Lokhu kungukufa kwesibili, ichibi lomlilo.

15Uma ekhona ongafunyaniswanga elotshiwe encwadini yokuphila, waphonswa echibini lomlilo.

## IsAmbulo 21

### Izulu elisha nomhlaba omusha

1 Ngase ngibona izulu elisha nomhlaba omusha; ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kudlulile, nolwandle alusekho.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

2Ngabona umuzi ongcwele, iJerusalema elisha, wehla uvela ezulwini kuNkulunkulu, ulungisiwe njengomlobokazi ohlotshiselwe umyeni wakhe.

3 Ngase ngizwa izwi elikhulu livela esihlalweni sobukhosi, lithi: Bheka, itabernakele likaNkulunkulu likubantu; uyakuhlala nabo, babe ngabantu bakhe, yena uNkulunkulu abe nabo,

4 azesule izinyembezi zonke emehlweni abo; ukufa akusayikuba khona; nokudabuka, nokukhala, nobuhlungu akusayikuba khona; ngokuba okokuqala kudlulile.

5 Wayesethi ohlezi esihlalweni sobukhosi: Bheka, ngenza konke kube kusha. Wathi: Loba, ngokuba lawa mazwi athembekile, aqinisile.

6 Wayesethi kimi: Sekwenzekile. Ngingu-Alfa no-Omega, ukuqala nokugcina. Owomileyo ngiyakumphuzisa ngesihle emthonjeni wamanzi okuphila.

7 Onqobayo uyakulidla ifa lalezo zinto, futhi ngiyakuba nguNkulunkulu kuye, yena abe yindodana kimi.

8 Kepha amagwala, nabangakholwayo, nabanengekayo, nababulali, nezifebe, nabathakathi, nabakhonza izithombe, nabo bonke abaqamba amanga, isabelo sabo siyakuba sechibini elivutha umlilo nesibabule, okungukufa kwesibili.

### Inkazimulo yeJerusalema lasezulwini

9 Kwase kufika enye yezingelosi eziyisikhombisa ezazinezitsha eziyisikhombisa ezigcwele izinhlupho eziyisikhombisa zokugcina, yakhuluma nami, yathi: Woza lapha, ngikukhombise umlobokazi, umkaWundlu.

10Yamuka nami ngikuMoya, yaya entabeni enkulu nephakemeyo, yangikhombisa umuzi ongcwele waseJerusalema wehla ezulwini kuNkulunkulu,

11 unenkazimulo kaNkulunkulu; ukukhanya kwawo kwakunjengetshe elinenani elikhulu sengathi yitshe lejaspi elicwebezelayo,

12 unogange olukhulu noluphakemeyo, unamasango ayishumi nambili, nasemasangweni kukhona izingelosi eziyishumi nambili, kulotshwe kuwo amagama angawezizwe eziyishumi nambili zabantwana bakwa-Israyeli;

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.
bible society
of south africa

13ngasempumalanga kwakukhona amasango amathathu, nangasenyakatho
amasango amathathu, nangaseningizimu amasango amathathu,
nangasentshonalanga amasango amathathu.

14 Ugange lomuzi lwalunezisekelo eziyishumi nambili, naphezu kwazo
amagama ayishumi nambili abaphostoli abayishumi nambili beWundlu.

15 Owayekhuluma nami wayenohlanga lwegolide ukuba alinganise umuzi,
namasango awo, nogange lwawo.

16Umuzi umi unezinhlangothi ezine, nobude bawo bungangobubanzi bawo.
Walinganisa umuzi ngohlanga, amastadiyu ayizinkulungwane eziyishumi
nambili, ubude nobubanzi nokuphakama kwawo kulingene.

17Walinganisa ugange lwawo, izingalo eziyikhulu namashumi amane nane,
yisilinganiso somuntu esingesengelosi.

18Nogange lwawo lwakhiwe ngejaspi, nomuzi wawungowegolide elihle,
linjengengilazi ecwebezelayo.

19 Izisekelo zogange lomuzi zivunulisiwe ngawo onke amatshe anenani
elikhulu; isisekelo sokuqala siyijaspi, esesibili yisafire, esesithathu
yikhalkedoni, esesine yisimaragidu,

20esesihlanu yisaridonikisi, esesithupha yisardiyu, esesikhombisa yikrisolithe,
esesishiyagalombili yibherile, esesishiyagalolunye yitopazi, eseshumi
yikrisoprasi, eseshumi nanye yihiyakinte, eseshumi nambili yi-amethiste.

21Amasango ayishumi nambili ayengamaparele ayishumi nambili; yilelo
nalelo sango ngalinye laliyiparele linye. Isitaladi somuzi sasiyigolide
elicwengekileyo, linjengengilazi ekhanyayo.

22Angibonanga ithempeli kuwo, ngokuba iNkosi uNkulunkulu, uMninimandla
onke, iyithempeli lawo kanye neWundlu.

23 Umuzi awudingi ilanga nenyanga ukuba kukhanye kuwo, ngokuba
inkazimulo kaNkulunkulu iyawukhanyisa, nesibani sawo siyiWundlu.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

24 Izizwe ziyakuhamba ekukhanyeni kwawo, namakhosi omhlaba aletha kuwo ubukhosi bawo;

25 namasango awo awasoze avalwa emini, ngokuba ubusuku abuyikuba khona lapho;

26 bayakuletha ubukhosi nodumo lwezizwe.

27 Akusoze kwangena lutho olungcolileyo kuwo nowenza amanyala namanga, kuphela abalotshiwe encwadini yokuphila yeWundlu.

## IsAmbulo 22

### IJerusalema elisha

1 Wayesengikhombisa umfula wamanzi okuphila ucwebezela njengekristalu, uvela esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu neseWundlu.

2 Phakathi kwesitaladi sawo nomfula emaceleni omabili kukhona umuthi wokuphila, uthela izithelo eziyishumi nambili, uthela izithelo zawo izinyanga ngezinyanga, namaqabunga omuthi angawokuphulukisa izizwe.

3 Akusayikuba khona nokukodwa ukuqalekisa. Isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu neseWundlu siyakuba kuwo, nezinceku zakhe ziyakumkhonza,

4 zibone ubuso bakhe, negama lakhe liyakuba semabunzini azo.

5 Ubusuku abusayikuba khona; abadingi ukukhanya kwesibani nokukhanya kwelanga, ngokuba iNkosi uNkulunkulu iyakubakhanyisela; bayakubusa phakade naphakade.

### Iqiniso lombono

6 Yayisithi kimi: Lawo mazwi athembekile, aqinisile, neNkosi uNkulunkulu wemimoya yabaprofethi iyithumile ingelosi yayo ukuzikhombisa izinceku zayo okuzakwenzeka masinyane.

7 Bheka, ngiyeza masinyane. Ubusisiwe ogcina amazwi esiprofetho sale ncwadi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

8Mina Johane nginguye owezwa nowabona lezi zinto. Kuthe sengizwile, sengibonile, ngawa phansi ukuba ngikhuleke phambi kwezinyawo zengelosi engikhombisile lezo zinto.

9 Yayisithi kimi: Musa; ngiyinceku kanye nawe nabazalwane bakho abaprofethi nabagcina amazwi ale ncwadi; khuleka kuNkulunkulu.

10 Yathi kimi: Ungavali ngophawu amazwi esiprofetho sale ncwadi, ngokuba isikhathi siseduze.

11 Ongalungile makenze njalo okungalungile, nongcolileyo makazingcolise njalo, kepha olungileyo makenze njalo ukulunga, nongcwele makazingcwelise njalo.

12 Bheka, ngiyeza masinyane, nomvuzo wami unami ukumnika yilowo nalowo njengokomsebenzi wakhe.

13 Ngingu-Alfa no-Omega, owokuqala nowokuphela, isiqalo nesigcino.

14 Babusisiwe abahlanza izingubo zabo ukuba bathole ilungelo labo emthini wokuphila, bangene emzini ngamasango.

15 Ngaphandle kukhona izinja, nabathakathi, nezifebe, nababulali, nabakhonza izithombe, nabo bonke abathanda nabenza amanga.

16 Mina Jesu ngithumile ingelosi yami ukufakaza kini lezi zinto emabandleni. Ngiyimpande nenzalo kaDavide, inkanyezi yokusa ecwebezelayo.

17 UMoya nomlobokazi bathi: Woza! Nozwayo makathi: Woza! Nowomileyo makeze; othandayo makathabathe amanzi okuphila ngesihle.

18 Ngiyafakaza mina kubo bonke abezwayo amazwi esiprofetho sale ncwadi; uma ekhona owenezela kulokhu, uNkulunkulu uyakwenezela kuye izinhlupho ezilotshiwe kule ncwadi;

19 futhi uma ekhona osusa utho kuwo amazwi encwadi yalesi siprofetho, uNkulunkulu uyakususa isabelo sakhe emthini wokuphila, nasemzini ongcwele, nakulokhu okulotshiwe kule ncwadi.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

[20] Ofakaza ngalezi zinto uthi: Yebo, ngiyeza masinyane. Amen. Woza, Nkosi Jesu!

[21]Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu mawube nani nonke. Amen.

© 1959, 1997 Bible Society of South Africa.

# Esclarecimento

Trata-se de iniciativa particular, com os seguintes objetivos: (i) colaborar para divulgação dos diversos textos bíblicos disponíveis, e, (ii) facilitar o acesso a esses textos, inclusive por meio de download.

Todo esforço em tornar a Palavra de Deus acessível a todos, em quaisquer localidades e falantes das mais diversas línguas, precisa ser um objetivo de todos os que são guiados pelo Espírito Santo. Ele inspirou o profeta Jeremias a dizer "não ensinará jamais cada um ao seu próximo, nem cada um ao seu irmão, dizendo: Conhece ao SENHOR, porque todos me conhecerão, desde o menor até ao maior deles, diz o SENHOR" (Jer. 31:34). Jesus, também, falou assim: "e será pregado este evangelho do reino por todo o mundo, para testemunho a todas as nações" (Mat. 24:14).

Muitas organizações foram constituídas com o propósito de fazer a Bíblia disponível nas diversas línguas. Não é uma tarefa simples. Anos de trabalho, dedicação e entrega são necessários para esta tão extraordinária missão.

O texto deste trabalho está disponível na internet, em páginas eletrônicas de organizações que produzem ou divulgam bíblias, sem acréscimos de notas ou comentários. Assim, reconhecendo e respeitando os direitos que possuem sobre seus trabalhos, incumbe a todos os que amam a Palavra de Deus, o esforço em contribuir para amplificar sua divulgação.

Se possível, faça download do texto, para que sejamos, também, guardiões da Bíblia, e, com isso, preservando-a para as futuras gerações.

Divulga a Palavra de Deus, ela mostra o Caminho e permite a todos, que se conheça Sua vontade, em todos os lugares e épocas.

Marcel da Glória Pereira

2021, Vitória/ES - Brasil

Capa: Pôr do sol. Trata-se de imagem disponibilizada na internet, dentre as que não informam haver restrição ao uso.